ZULU 1924

IBAIBELE
ELI INGCWELE
NGOKWESIZULU

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

University of Illinois
Library at Urbana-
Champaign
Bookstacks

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

IBAIBELE ELI INGCWELE

ELI NETESTAMENTE

ELIDALA, NELISHA

KU HUNYUSHWE ISIHEBERU NESIGREKI
IZILIMI OKWA LOTSHWA NGAZO KUQALÀ

LI HUNYUSHWE NGOKUSHA
(Revised Version)
1924

AMERICAN BIBLE SOCIETY
INSTITUTED IN THE YEAR 1816
NEW YORK

[*Zulu Bible, Revised, 12mo*]

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

BS
325
.Z857
1924

AMAGAMA EZINCWADI

ZETESTAMENTE ELIDALA, NELISHA NOMUMO WEZAHLUKO ZAZO

ITESTAMENTE ELIDALA

Ikasi	*Incwadi*	*Ngoku-fushane*	*Iza-hluko*
3	iGenesis	Gen.	50
57	iEksodus	Eks.	40
101	uLevi	Levi	27
133	Eyomumo (Izibalo)	Eyomu	36
180	iDuteronomi	Dut.	34
220	uJoshua	Josh.	24
246	Abahluli	Abahl.	21
272	uRute	Rute	4
276	uSamuweli e yokuqala	Sam. I	31
311	uSamuweli e yesibili	Sam. II	24
341	Amakosi e yokuqala	Ama. I	22
376	Amakosi e yesibili	Ama. II	25
409	Eyezindaba e yokuqala	Eyezi. I	29
441	Eyezindaba e yesibili	Eyezi. II	36
479	uEzra	Ezra	10
491	uNehemiya	Neh.	13
507	uEstere	Est.	10
516	uJobe	Jobe	42
554	Amahubo	Amah.	150
651	Izaga	Izag.	31
683	uMshumayeli	Mshum.	12
692	Ingoma ka Solomon	Ingom.	8
699	uIsaya	Isa.	66
752	uJeremiya	Jer.	52
811	Izililiselo ka Jeremiya	Izilili.	5
818	uHezekeli	Hez.	48
872	uDaniyeli	Dan.	12
889	uHoseya	Hos.	14
897	uJoweli	Joweli	3
900	uAmosi	Amosi	9
907	uObadiya	Obad.	1
908	uJona	Jona	4
911	uMika	Mika	7
916	uNahum	Nah.	3
918	uHabakuki	Hab.	3
921	uZefaniya	Zef.	3
924	uHagayi	Hag.	2
926	uZekariya	Zek.	14
935	uMalaki	Mal.	4

ITESTAMENTE ELISHA

Ikasi	*Incwadi*	*Ngoku-fushane*	*Iza-hluko*
3	uMateu	Mat.	28
36	uMarko	Mark.	16
56	uLuka	Luka	24
91	uJohane	Joh.	21
117	Izenzo zabApostoli	Izen.	28
	Incwadi ka Paule		
151	kwaba seRoma	Rom.	16
166	yokuqala kwaba seKorinte	I. Kor.	16
180	yesibili kwaba seKorinte	II. Kor.	13
189	kwaba seGalatiya	Gal.	6
194	kwaba s'Efesu	Ef.	6
199	kwaba seFilipi	Fil.	4
202	kwaba seKolose	Kol.	4
206	yokuqala kw. seTesalonica	I. Tes.	5
	Incwadi ka Paule		
209	yesibili kwaba seTesalonica	II. Tes.	4
210	yokuquala ku Timote	I. Tim.	6
214	yesibili ku Timote	II. Tim.	4
217	ku Tito	Tit.	3
219	ku Filemon	Filem	1
220	Incwadi e bhalelwe ama Heberu	Heb.	13
231	Incwadi ka Jakobe	Jak.	5
234	Incwadi yokuqala ka Petro	I. Pet.	5
239	Incwadi yesibili ka Petro	II. Pet.	3
241	Incwadi yokuqala ka Johane	I. Joh.	5
245	Incwadi yesibili ka Johane	II. Joh.	1
246	Incwadi yesitatu ka Johane	III. Joh.	1
246	Incwadi ka Juda	Juda	1
248	Isambulo	Isam.	22

5,000-1924

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN
Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

IGENESIS

Ukudalwa kwezinto zonke ngu Nkulunkulu.

1 Ekuqaleni uNkulunkulu wa dala izulu nomhlaba. 2 Kepa umhlaba wa u nge na simo, wa uze; ubumnyama ba bu sebusweni bolwandhle: uMoya ka Nkulunkulu wa e fukamele pezu kwamanzi. 3 Wa s'e ti uNkulunkulu, Ma ku vele ukukanya: kwa se ku vela ukukanya. 4 UNkulunkulu wa ku bonake ukukanya, ukuti ku lungile: uNkulunkulu w'ahlukanisa ukukanya nobumnyama. 5 UNkulunkulu wa qamba ukukanya ngokuti Imini, ubumnyama wa bu qamba ngokuti Ubusuku. Kwa hlwa, kwa sa, kwa ba usuku lokuqala.

6 Wa s'e ti uNkulunkulu, A ku vele isibakabaka pakati kwamanzi, s'ahlukanise amanzi namanzi. 7 Wa s'enzake uNkulunkulu isibakabaka, w'ahlukanisa amanzi a ngapansi kwesibakabaka namanzi a ngapezu kwesibakabaka: kwa ba njalo. 8 UNkulunkulu wa si qamba isibakabaka ngokuti iZulu. Kwa hlwa, kwa sa, kwa ba usuku lwesibili.

9 Wa s'e ti uNkulunkulu, Ka qoqeke ndawonye amanzi a ngapansi kwezulu, ku bonakale okwomileyo: kwa ba njalo. 10 UNkulunkulu wa ku qamba okwomileyo ngokuti uMhlaba; amanzi aqoqekileyo wa wa qamba ngokuti iziLwandhle: wa bonake uNkulunkulu ukuti ku lungile. 11 Wa s'e ti uNkulunkulu, Umhlaba ma u hlume utshani, nemishana e tela imbeu, nemiti yezitelo e tela izitelo ngezinhlobo zayo, e mbeu yayo i kuyo, emhlabeni: kwa ba njalo. 12 Umhlaba wa veza utshani, nemishana e tela imbeu ngezinhlobo zayo, nemiti e tela izitelo e mbeu yayo i kuyo, ngezinhlobo zayo: wa bonake uNkulunkulu ukuti ku lungile. 13 Kwa hlwa, kwa sa, kwa ba usuku lwesitatu.

14 Wa s'e ti uNkulunkulu, A ku vele izinkanyiso esibakabakeni sezulu, z'ahlukanise imini nobusuku; zi be ezezibonakaliso, nezemizuzu, nezezinsuku, neminyaka: 15 zi be izinkanyiso esibakabakeni sezulu, zi kanyise emhlabeni: kwa ba njalo. 16 UNkulunkulu wa z'enza izinkanyiso ezimbili ezinkulu; inkanyiso enkulu ukubusa imini, nenkanyiso encane ukubusa ubusuku: w'enza nezinkanyezi. 17 UNkulunkulu wa zi misa esibakabakeni sezulu, ukuba zi kanyise emhlabeni, 18 zi buse imini nobusuku, z'ahlukanise ukukanya nobumnyama: wa bonake uNkulunkulu ukuti ku lungile. 19 Kwa hlwa, kwa sa, usuku lwesine.

20 Wa s'e ti uNkulunkulu, Amanzi ka vame nokuvama okuzwayo, a ku ndize izinyoni ngapezu kwomhlaba esibakabakeni sezulu. 21 Njalo uNkulunkulu wa dala imikomo emikulu, nokuzwayo konke okuhambayo, akuvamayo amanzi, ngezinhlobo zako, nezinyoni zonke ezi namapiko ngezinhlobo zazo: wa bonake uNkulunkulu ukuti ku lungile. 22 Wa zi busisa uNkulunkulu, wa ti, Zalani, n'ande, ni gcwalise amanzi ezilwandhle, nezinyoni z'ande emhlabeni. 23 Kwa hlwa, kwa sa, kwa ba usuku lwesihlanu.

24 Wa s'e ti uNkulunkulu, Umhlaba a u veze okuzwayo ngezinhlobo zako, izinkomo, nokuhuquzelayo, nezilwane zomhlaba ngezinhlobo zazo: kwa ba njalo. 25 UNkulunkulu wa z'enza izilwane zomhlaba ngezinhlobo zazo, nezinkomo ngezinhlobo zazo, nako konke okuhuquzelayo emhlabatini ngezinhlobo zako: wa bonake uNkulunkulu ukuti ku lungile. 26 Wa s'e ti uNkulunkulu, A s'enze umuntu ngomfanekiso wetu, a si fuze: ba buse izinhlanzi zolwandhle, nezinyoni zezulu, nezinkomo, nomhlaba wonke, nokuhuquzelayo konke oku huquzela emhlabeni. 27 UNkulu-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukudalwa kwomuntu; u bekwa eEden. Ukudalwa kowesifazana.

nkulu wa s'e dala umuntu ngomfanekiso wake, wa m dala ngomfanekiso ka Nkulunkulu; owesilisa nowesifazana wa ba dala bona. **28** UNkulunkulu wa ba busisa: wa ti kubo uNkulunkulu, Zalani, n'ande, ni gcwalise umhlaba, ni w'ahlule; ni buse izinhlanzi zolwandhle,nezinyoni zezulu, nako konke okuzwayo, okuhambayo emhlabeni. **29** Wa s'e ti uNkulunkulu, Bhekani, ngi ni nikile imishana yonke e tela imbeu, e sebusweni bomhlaba wonke, nemiti yonke e sitelo si kona kuyo somuti o tela imbeu; yo ba ukudhla kinina: **30** izilwane zonke zomhlaba, nezinyoni zonke zezulu, nako konke okuhuquzelayo emhlabeni, oku nompefumulo ozwayo, ngi ku nike imishana yonke e luhlaza, i be ukudhla: kwa ba njalo. **31** Wa bonake uNkulunkulu konke akwenzileyo, naku ke, kwa ku lungile impela. Kwa hlwa, kwa sa, kwa ba usuku lwesitupa.

2 Kwa fezwake izulu nomhlaba, namabandhla onke ako. **2** Ngosuku lwesikombisa uNkulunkulu wa wu feza umsebenzi wake a b'e wenzile; wa pumula ngosuku lwesikombisa emsebenzini wonke wake a b'e wenzile. **3** UNkulunkulu wa s'e busisa usuku lwesikombisa, wa lu ngcwelisa; ngokuba ngalo wa pumula emsebenzini wonke wake awudalileyo uNkulunkulu, wa w'enza.

4 Naku ukudabuka kwezulu nomhlaba ekudalweni kwako, msukwana uJehova uNkulunkulu enza umhlaba nezulu. **5** I nga ka biko emhlabeni imishana ya sendhle, i nga ka mili na mifino ya sendhle; ngokuba uJehova uNkulunkulu wa e nga ka nisi imvula emhlabeni: kwa ku nga ka biko na muntu wokulima umhlabati; **6** kepa kw'enyuka inkungu i vela emhlabeni, ya matisa ubuso bonke bomhlabati. **7** UJehova uNkulunkulu wa m bumba umuntu ngotuli lomhlabati, wa pefumulela emakaleni ake umpefumulo wokuzwa; umuntu wa s'e ba umpefumulo ozwayo. **8** UJehova uNkulunkulu wa tshala insimu nga sempumalanga eEden; wa beka kona lo muntu ambumbileyo. **9** UJehova uNkulunkulu wa milisa emhlabatini imiti yonke ebukekayo, ne lungele ukudhliwa; kanye nomuti wokupila pakati nensimu, nomuti wokwazi okulungileyo nokubi. **10** Kwa vela umfula eEden wokumatisa insimu; w'ahlukana kona, wa ba izimbaxa ezine. **11** Igama lowokuqala li iPishon: iwona o zungeza izwe lonke la kwa Havila lapo ku kona igolide; **12** lihle igolide la lelo lizwe: ku kona ibedola netshe lesardoniki. **13** Igama lomfula wesibili iGihon: iwo o zungeza izwe lonke la kwa Kushi. **14** Igama lomfula wesitatu li iHidekele: iwona o qonda nga sempumalanga kwa seAsiriya. Umfula wesine ng'Ufrate. **15** Kwa ti ke uJehova uNkulunkulu wa m tabata umuntu, wa m beka ensimini ya seEden, ukuba a yi sebenze, a yi linde. **16** UJehova uNkulunkulu wa m yalake umuntu, wa ti, Yonke imiti yensimu u nga yi dhla ngokubona: **17** kodwa umuti wokwazi okulungileyo nokubi, u nga bowudhla: ngokuba msukwana u wu dhlayo u ya kufa nokufa.

18 Wa s'e ti uJehova uNkulunkulu, A ku lungile ukuba umuntu a be yedwa; ngi za kumenzela umsizi o fanele yena. **19** UJehova uNkulunkulu wa bumba ngomhlabati izilwane zonke za sendhle, nezinyoni zonke zezulu; wa zi yisa ku lo muntu ukuba a bone ukuti u ya kuziqamba ngokutini na: loku a ku qamba ngako umuntu konke okuzwayo, kwa ba igama lako. **20** Njalo umuntu wa zi ta zonke izinkomo amagama, kanye nezinyoni zezulu, nezilwane zonke za sendhle; kepa umuntu a ka tolelwanga umsizi o fanele yena. **21** UJehova uNkulunkulu wa s'e m ehlisela lo muntu ubutongo obunzima, wa lala; wa s'e tabata olunye lwezimbambo zake, wa hlanganisa inyama endaweni yalo: **22** ubambo uJehova uNkulunkulu a be lu tabatile ku muntu, wa lw'enza lwa ba owesifazana, wa m yisa ku lo muntu. **23** Wa s'e ti lo muntu, Loku se ku itambo lama-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukulingwa ku ka Adam no Eva; ba xoshwa eEden.

tambo ami, nenyama yenyama yami: u za kubizwa ngokuti owesifazana, ngokuba wa tatshatwa endodeni. **24** Ngako indoda i za kushiya uyise nonina, i namatele ku mkayo: ba be inyamanye. **25** Ba be nqunu bobabili, lo muntu nomkake, be nge nazinhloni.

3 Ayike inyoka ya i nobuqili kunazo zonke izilwane za sendhle a be z'enzile uJehova uNkulunkulu. Ya ti kowesifazana, Bala uNkulunkulu u te, A ni yi kudhla yonke imiti yensimu na? **2** Wa ti owesifazana enyokeni, Si nga dhla nje izitelo zemiti yensimu: **3** kepa izitelo zomuti o pakati nensimu, u te uNkulunkulu, Ni nga bozidhla, ni nga zi pati, funa ni fe. **4** Ya ti inyoka kowesifazana, A ni soze na fa nokufa: **5** ngokuba u y'azi uNkulunkulu ukuti msukwana ni wu dhlayo, amehlo enu a za kuvuleka, ni be njengoNkulunkulu, n'azi okulungileyo nokubi. **6** Wa ti owesifazana ukubona ukuti umuti u lungele ukudhliwa, u kanga amehlo, ng'umuti o nxanelekele ukuhlakanipisa, wa zika izitelo zawo, wa zi dhla; wa pa indoda yake kanye naye, ya dhla nayo. **7** And'ukuvuleka amehlo abo bobabili b'azi ukuti ba nqunile; ba se be tunga amaqabunga omkiwane, ba z'enzela imitsha. **8** Kwa t'uba b'ezwe izwi li ka Jehova uNkulunkulu e hamba ensimini se ku beta umoya, lo muntu nomkake ba cashela ubuso bu ka Jehova uNkulunkulu pakati kwemiti yensimu.

9 UJehova uNkulunkulu wa m bizake lo muntu, wa ti kuye, Upi na? **10** Wa ti, Ngi zwe izwi lako ensimini, ng'esaba, ngokuba ngi nqunile; nga casha. **11** Wa ti, U tshelwe ubani ukuti u nqunile na? Kanti u wu dhlile lo muti, enga ku yala ngawo ukuti, U nga bowudhla na? **12** Wa ti umuntu, Owesifazana owa ngi nika yena ukuba a be nami, wa ngi pa okwa lo muti, nga dhla. **13** Wa ti uJehova uNkulunkulu kowesifazana, Yini loku okwenzileyo? Wa ti owesifazana, Inyoka i ngi kohlisile, nga dhla. **14** UJehova uNkulunkulu wa s'e ti enyokeni, Ngokuba u kwenzile loku, u qalekisiwe kunezinkomo zonke, nezilwane zonke za sendhle; u ya kuhamba ngesisu sako, u dhle utuli izinsuku zonke zokuhamba kwako: **15** ngi za kubeka ubuta pakati kwako nowesifazana, na pakati kwenzalo yako nenzalo yake: i ya kulimaza ikanda lako, nawe u ya kulimaza isitende sayo. **16** Kowesifazana wa ti, Ngi ya kukulisa nokukulisa ubuhlungu bako nokukulelwa kwako; u ya kubeleta abantwana ngobuhlungu; ukunxanela kwako ku ya kuba sendodeni yako, i ya kukubusa. **17** Wa s'e ti ku Adam, Ngokuba u lalele izwi lomkako, u wu dhlile lo muti enga ku yala ngawo, nga ti, U nga wu dhli: u qalekisiwe umhlabati ngenxa yako; wo shikashikeka u dhle kuwo zonke izinsuku zokuhamba kwako; **18** u ya kukuvezela ameva namakakaka; u dhle imifino ya sendhle; **19** ngesitukutuku sobuso bako u ya kudhla ukudhla, u ze u buyele emhlabatini; ngokuba wa tatshatwa kuwo: ngokuba u lutuli wena, u zo nce u buyele otulini. **20** Umuntu wa qamba igama lomkake ngokuti uEva; ngokuba wa ba unina wabo bonke abezwayo. **21** UJehova uNkulunkulu wa b'enzela oAdam nomkake izingubo zezikumba, wa b'ambatisa.

22 Wa s'e ti uJehova uNkulunkulu, Bheka, umuntu u suke wa ba njengomunye wetu ukwazi okulungileyo nokubi; kaloku, funa a s'elule isandhla sake, a tate na kuwo umuti wokupila, a dhle, a hlale ku ze ku be nini—**23** ngakoke uJehova uNkulunkulu wa m kipa ensimini ya seEden, ukuba a lime umhlabati a be tatshatwe kuwo. **24** Wa m xosha umuntu; wa misa nga sempumalanga kwensimu ya seEden ama Kerubi, nelangabi lenkemba eshaluzayo, ukuba ku lindwe indhlela yomuti wokupila.

4 Kwa ti ke uAdam wa ya ku Eva umkake; wa kulelwa, wa zala uKani, wa ti, Ngi zuzile indoda ngoJehova. **2** Wa pinda wa zala uAbeli umfo wabo. UAbeli wa e ngumalusi

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

wezimvu, kepa uKani wa e ngumlimi womhlabati. 3 Kwa ti emva kwezinsuku uKani wa leta izitelo zomhlabati zi be umnikelo ku Jehova. 4 UAbeli naye wa leta okwamazibulo kwezimvu zake, kanye namanoni azo. UJehova wa m bhekake uAbeli nomnikelo wake: 5 kodwa a ka m bhekanga uKani nomnikelo wake. Wa s'e tukutela uKani kakulu, ba hwaqabala ubuso bake. 6 Wa ti uJehova ku Kani, U tukuteleleni na? ubuso bako bu hwaqabaleleni na? 7 Uma nxa wenza okuhle, a bu yi kuncibilika na? kepa uma u ng'enzi okuhle, isono si te cashalala emnyango; si za kukunxanela, kepa wena wo si busa. 8 UKani wa m tshela uAbeli umfo wabo. Kwa ti, be sendhle, uKani wa m vukela uAbeli umfo wabo, wa m bulala.

9 Wa s'e ti uJehova ku Kani, Upi uAbeli umfo wenu na? Wa ti, A ngi m azi: ngi ngumlindi womfo wetu yini? 10 Wa ti, Wenzeni na? izwi legazi lomfo wenu li kala kimi emhlabatini. 11 U su qalekisiwe wena emhlabatini, o kamise umlomo wawo ukwamkela igazi lomfo wenu esandhleni sako; 12 uma u lima umhlabati, a u sa yi kukutelela amandhla awo; u su ya kuba umndindi, nomhambuma emhlabeni. 13 Wa s'e ti uKani ku Jehova, Isijeziso sami si kulu ngoku nge na kutwalwa. 14 Bheka, u ngi xoshile namhla ebusweni bomhlabati na sebusweni bako ngi ya kusitela; ngi be umndindi nomhambuma emhlabeni; ko ti wonke ongifumanayo a ngi bulale. 15 Wa ti uJehova kuye, Nga loko ombulalayo uKani ko pindiselwa kuye ku ze ku be kakombisa. UJehova wa m misela uKani isibonakaliso sokuba a nga m bulali omfumanayo.

16 W'esukake uKani ebusweni bu ka Jehova, wa ya wa hlala ezweni la seNodi, nga sempumalanga kwa se-Eden. 17 UKani wa ya ku mkake; wa kulelwa, wa zala uEnoki: w'aka umuzi, wa qamba igama lomuzi ngegama lendodana yake, uEnoki. 18 UEnoki wa zala uIradi: uIradi wa zala uMehujayeli; uMehujayeli wa zala uMetusayeli; uMetusayeli wa zala uLameki. 19 ULameki wa tabata abafazi ababili: igama lomunye nguAda, igama lomunye nguZila. 20 UAda wa zala uJabali: yena wa e nguyise wabo aba hlala ematenteni, be fuya izinkomo. 21 Igama lomfo wabo nguJubali: yena wa e nguyise wabo bonke aba pata inkoka nomtshingo. 22 UZila naye wa zala uTubali-kani, owa kanda izinto zonke ezi bukali zetusi nensimbi: udade wabo ka Tubalikani nguNahama. 23 Wa ti uLameki ku bafazi bake:

Ada noZila, yizwani izwi lami;
Nina bafazi ba ka Lameki, lalelani intshumayelo yami:
Ngoba ngi bulele umuntu ngenxa yenxeba lami,
Nensizwa ngenxa yesixatu sami:
24 Uma uKani e ya kupindiselwa kakombisa,
Impela uLameki u ya kupindiselwa kakombisa namashumi a isikombisa.

25 Kwa ti ke uAdam wa buya wa ya ku mkake; wa zala indodana, wa qamba igama layo ngokuti uSete: e ti, ngoba uNkulunkulu u ngi misele enye inzalo endaweni ka Abeli; ngoba wa bulawa uKani. 26 Naye uSete wa zala indodana; wa qamba igama layo ngokuti uEnoshe. Abantu ba se be qala ukuteta igama li ka Jehova.

5 Nansi incwadi yozalo lu ka Adam. Msukwana uNkulunkulu e dala umuntu, wa m enza ngomfanekiso ka Nkulunkulu; 2 wa ba dala owesilisa nowesifazana, wa ba busisa, wa qamba igama labo, ngokuti uAdam, msukwana be dalwayo. 3 UAdam wa hlala iminyaka e ikulu namashumi amatatu, wa zala o fana naye, omfuzileyo; wa qamba igama lake ngokuti uSete: 4 izinsuku zi ka Adam ngasemva kwokuzala kwake uSete za zi iminyaka e ngamakulu a isishiyangalombili: wa zala amadodana namadodakazi. 5 Izinsuku zonke zokuhamba ku ka Adam za zi iminyaka e ngamakulu a isishiyangalolunye neminyaka e ngamashumi amatatu: wa fa.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Uzalo lu ka Sete. Indaba ka Enoki no Metusela.

6 USete wa hlala iminyaka e ikulu neminyaka e isihlanu, wa zala uEnoshe: 7 ngasemva kwokuzala kwake uEnoshe uSete wa hlala iminyaka e ngamakulu a isishiyangalombili neminyaka e isikombisa, wa zala amadodana namadodakazi: 8 izinsuku zonke zi ka Sete za zi iminyaka e ngamakulu a isishiyangalolunye neminyaka e ishumi nambili: wa fa.

9 UEnoshe wa hlala iminyaka e ngamashumi a isishiyangalolunye, wa zala uKenan: 10 ngasemva kwokuzala kwake uKenan uEnoshe wa hlala iminyaka e ngamakulu a isishiyangalombili neminyaka e ishumi nesihlanu, wa zala amadodana namadodakazi: 11 izinsuku zonke zi ka Enoshe za zi iminyaka e ngamakulu a isishiyangalolunye neminyaka e isihlanu: wa fa.

12 UKenan wa hlala iminyaka e ngamashumi a isikombisa, wa zala uMahalaleli: 13 ngasemva kwokuzala kwake uMahalaleli, uKenan wa hlala iminyaka e ngamakulu a isishiyangalombili neminyaka e ngamashumi amane, wa zala amadodana namadodakazi: 14 izinsuku zonke zi ka Kenan za zi iminyaka e ngamakulu a isishiyangalolunye neminyaka e ishumi: wa fa.

15 UMahalaleli wa hlala iminyaka e ngamashumi a isitupa neminyaka e isihlanu, wa zala uJarede: 16 ngasemva kwokuzala kwake uJarede uMahalaleli wa hlala iminyaka e ngamakulu a isishiyangalombili neminyaka e ngamashumi amatatu, wa zala amadodana namadodakazi: 17 izinsuku zonke zi ka Mahalaleli za zi iminyaka e ngamakulu a isishiyangalombili neminyaka e ngamashumi a isishiyangalolunye nesihlanu: wa fa.

18 UJarede wa hlala iminyaka e ikulu neminyaka e ngamashumi a isitupa nambili, wa zala uEnoki: 19 ngasemva kwokuzala kwake uEnoki uJarede wa hlala iminyaka e ngamakulu a isishiyangalombili, wa zala amadodana namadodakazi: 20 izinsuku zonke zi ka Jarede za zi iminyaka e ngamakulu a isishiyangalolunye neminyaka e ngamashumi a isitupa nambili: wa fa.

21 UEnoki wa hlala iminyaka e ngamashumi a isitupa nesihlanu, wa zala uMetusela: 22 ngasemva kwokuzala kwake uMetusela uEnoki wa hamba noNkulunkulu iminyaka e ngamakulu amatatu, wa zala amadodana namadodakazi: 23 izinsuku zonke zi ka Enoki za zi iminyaka e ngamakulu amatatu neminyaka e ngamashumi a isitupa nesihlanu: 24 uEnoki wa hamba noNkulunkulu: wa ba o nga seko; ngoba uNkulunkulu wa m tabata.

25 UMetusela wa hlala iminyaka e ikulu neminyaka e ngamashumi a isishiyangalombili nesikombisa, wa zala uLameki: 26 ngasemva kwokuzala kwake uLameki, uMetusela wa hlala iminyaka e ngamakulu a isikombisa neminyaka e ngamashumi a isishiyangalombili nambili, wa zala amadodana namadodakazi: 27 izinsuku zonke zi ka Metusela za zi iminyaka e ngamakulu a isishiyangalolunye neminyaka e ngamashumi a isitupa nesishiyangalolunye: wa fa.

28 ULameki wa hlala iminyaka e ikulu neminyaka e ngamashumi a isishiyangalombili nambili, wa zala indodana: 29 wa qamba igama layo ngokuti uNoa, e ti, Lowo u ya kusiduduza emsebenzini wetu na sekushikashikekeni kwezandhla zetu, ngenxa yomhlabati awuqalekisayo uJehova. 30 Ngasemva kwokuzala kwake uNoa uLameki wa hlala iminyaka e ngamakulu a isihlanu neminyaka e ngamashumi a isishiyangalolunye nesihlanu, wa zala amadodana namadodakazi: 31 izinsuku zonke zi ka Lameki za zi iminyaka e ngamakulu a isikombisa neminyaka e ngamashumi a isikombisa nesikombisa: wa fa.

32 UNoa wa e neminyaka e ngamakulu a isihlanu: uNoa wa zala uShem, noHam, noJafeti.

6 Kwa t'uba abantu ba qale ukwanda ebusweni bomhlabati, be za-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukwonakala kwabantu. UNoa waka umkumbi. Ku ngenwa kuwo.

la amadodakazi, 2 amadodana ka Nkulunkulu a bona amadodakazi abantu ukuti, mahle; a zitabatela abafazi kuwo onke awaketayo. 3 Wa ti uJehova, Umoya wami a u yi kuhlala ku bantu njalonjalo, ngokuba ba inyama nje: noko izinsuku zabo zi ya kuba iminyaka e ikulu namashumi amabili. 4 AmaNefili a be semhlabeni nga lezo zinsuku, na ngasemva kwa loko e se ngenile amadodana ka Nkulunkulu ku madodakazi abantu, a wa zalela abantwana: bona ba be iziqwaga za sendulo, amadoda a negama.

5 UJehova wa bona ukuti ububi babantu bu kulu emhlabeni, nokuti ukucabanga konke kwezizindhlo zezinhliziyo zabo kubi impela njalonjalo. 6 UJehova wa zisola ngokuba wa e b'enzile abantu emhlabeni, wa ba buhlungu enhliziyweni yake. 7 Wa s'e ti uJehova, Ngi ya kushaya ngi hlikihle abantu engibadalileyo ba nga biko ebusweni bomhlabati; ngi sho abantu, nezinkomo, nokuhuquzelayo, nezinyoni zezulu: ngokuba ngi ya zisola ukuba ngi kwenzile. 8 Kepa uNoa wa ba nesasasa ku Jehova.

9 Nantu-ke uzalo lu ka Noa. UNoa wa e ngumuntu olungileyo, e pelele ezizukulwaneni zake: uNoa wa hamba noNkulunkulu: 10 uNoa wa zala amadodana amatatu, uShem, noHam, noJafeti. 11 Kepa umhlaba wa wonakele pambi ku ka Nkulunkulu, umhlaba wa u gcwele ubudhlova. 12 UNkulunkulu wa bona nanko-ke umhlaba wonakele; ngokuba inyama yonke yonakalisile indhlela yayo emhlabeni.

13 Wa s'e ti uNkulunkulu ku Noa, Se ku fikile pambi kwami ukupela kwenyama yonke; ngokuba umhlaba u gcwele ubudhlova ngabo; bheka, ngi za kubabubisa kanye nomhlaba. 14 Wo z'enzela umkumbi ngemiti yegofa; wenze izindhlu emkunjini, u wu huqe ngetiye ngapakati na ngapandhle. 15 Ukwenza kwako ko ba nje: ubude bomkumbi bu be izingalo ezi ngamakulu amatatu, ububanzi bawo bu be izingalo ezi ngamashumi a isihlanu, ukupakama kwawo ku be izingalo ezi ngamashumi amatatu. 16 W'enze isibuko emkunjini, u wu qede ngapezulu ngengalo i benye; u beke umnyango womkumbi ecaleni lawo; w'enze izindhlu ngapansi, nezesibili nezesitatu pezulu. 17 Mina, bheka, ngi leta uzamcolo wamanzi emhlabeni, a bubise inyama yonke e nompefumulo ozwayo, e ngapansi kwezulu; ku fe konke oku semhlabeni. 18 Kepa ngi ya kuqinisa nawe isivumelwano sami; u ya kungena emkunjini, wena, namadodana ako, nomkako, nomka madodana ako nawe. 19 Na kuko konke okuzwayo kwenyama yonke, u ya kutabata ngambili kuzo zonke izinhlobo, u zi ngenise emkunjini, ukuba u zi sindise nawe; zi be induna nensikazi. 20 Ezinyonini ngezinhlobo zazo, na sezinkomeni ngezinhlobo zazo, na kuko konke okuhuquzelayo emhlabatini ngezinhlobo zako, ngambili kuzo zonke izinhlobo, zi ya kuza kuwe u zi sindise. 21 U tabate kuko konke ukudhla okudhliwayo, u ku butele kuwe; ku be ukudhla kwako nokwazo. 22 W'enze njaloke uNoa; njengaloko konke uNkulunkulu a m yala ngako, w'enza okunjalo.

7 Wa s'e ti uJehova ku Noa, Ngena emkunjini, wena nayo yonke indhlu yako; ngokuba ngi ku bonile u lungile wena pambi kwami esizukulwaneni lesi. 2 Kuzo zonke izilwane ezihlambululekileyo wo tabata ngakombisa ngakombisa, induna nensikazi yayo; kuzo zonke ezi nga hlambululekile wo tabata ngambili, induna nensikazi yayo: 3 na kuzo izinyoni zezulu ngakombisa ngakombisa, induna nensikazi, ukuba ku londolozwe inzalo ebusweni bomhlaba wonke. 4 Ngokuba ku sele izinsuku ezi isikombisa, ngi ya kunisa imvula emhlabeni izimini ezi ngamashumi amane nobusuku obu ngamashumi amane; konke okuzwayo engikwenzileyo ngi za kukushaya ngi ku hlikihle ebusweni bomhlabati. 5 W'enzake uNoa njengako konke uJehova a m yala ngako.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku fika uzamcolo. Amanzi a ya ncipa. Igwababa nejuba.

6 UNoa wa e neminyaka e ngamakulu a isitupa, lapo uzamcolo wamanzi wa ba kona emhlabeni. 7 Wa ngenake uNoa emkunjini, namadodana ake, nomkake, nomka madodana ake kanye naye, ngenxa yamanzi ka zamcolo. 8 Kuzo izilwane ezihlambululekileyo, na kuzo izilwane ezi nga hlambululekile, na kuzo izinyoni, na kuko konke okuhuquzelayo emhlabatini, 9 kwa ngena ngambili ngambili ku Noa emkunjini, induna nensikazi, njengaloko uNkulunkulu a m yala uNoa ngako. 10 Kwa ti ngasemva kwezinsuku ezi isikombisa, amanzi ka zamcolo a ba kona emhlabeni. 11 Ngomnyaka wamakulu a isitupa wokuhamba ku ka Noa, ngenyanga yesibili, ngosuku lweshumi nesikombisa lwenyanga, nga lolo suku imitombo yonke yolwandhle olukulu ya boboka, nezintuba zezulu za vuleka. 12 Ya ba kona imvula emhlabeni izimini ezi ngamashumi amane nobusuku obu ngamashumi amane.

13 Nga lolo suku wa ngena emkunjini uNoa, be noShem, noHam, noJafeti, amadodana ka Noa, nomka Noa, nomka madodana ake amatatu nabo, 14 bona, nezilwane zonke ngezinhlobo zazo, nezinkomo zonke ngezinhlobo zazo, nokuhuquzelayo konke oku huquzela emhlabeni ngezinhlobo zako, nezinyoni zonke ngezinhlobo zazo, izinyonyana zonke ezi mapikopiko. 15 Za ngenake ku Noa emkunjini, ngambili ngambili, kuyo yonke inyama e nompefumulo ozwayo. 16 Ezangenayo, za ngena induna nensikazi zenyama yonke, njengaloko uNkulunkulu a m yala ngako: uJehova wa s'e m valela pakati. 17 Kwa ba uzamcolo emhlabeni izinsuku za ba ngamashumi amane; amanzi anda, a fukula umkumbi, wa pakama pezu kwomhlaba. 18 Amanzi a dhlunga a kula kakulu emhlabeni; umkumbi wa hamba ebusweni bamanzi. 19 Amanzi a dhlunga kakulu emhlabeni; za gutshuzelwa izintaba ezipakemeyo zonke, ezi pansi kwezulu lonke. 20 Amanzi a dhlunga, enyuka, a ya pezulu izingalo ezi ishumi nesihlanu; izintaba za gutshuzelwa. 21 Ya se i buba inyama yonke e hamba emhlabeni, izinyoni, nezinkomo, nezilwane, nokuhuquzelayo oku huquzela emhlabeni, nabantu bonke: 22 konke oku kupefumula komoya ozwayo ku semakaleni ako, konke oku semhlabatini owomileyo, kwa fa. 23 Kwa shaywa kwa hlikihlwa konke okuzwayo okwa ku sebusweni bomhlabati, abantu, nezinkomo, nokuhuquzelayo, nezinyoni zezulu; kwa hlikihlwa kwa nga biko emhlabeni: wa sala uNoa yedwa, nabo aba be naye emkunjini. 24 Amanzi a dhlunga pezu kwomhlaba izinsuku ezi ikulu namashumi a isihlanu.

8 Kepa uNkulunkulu wa m kumbula uNoa, nezilwane zonke, nezinkomo zonke eza zi naye emkunjini: uNkulunkulu wa s'e w'enza umoya u dhlule pezu kwomhlaba, amanzi a bohla; 2 kwa vinjwa imitombo yolwandhle nezintuba zezulu, ya kaulwa imvula ezulwini; 3 amanzi a de e buya njalo emhlabeni: ngasemva kwezinsuku ezi ikulu namashumi a isihlanu amanzi a ncipa. 4 Kwa ti ngenyanga yesikombisa, ngosuku lweshumi nesikombisa lwenyanga, umkumbi wa zinza pezu kwezintaba za seArarate. 5 Amanzi a de e ncipa njalo, kwa za kwa ba inyanga yeshumi: ngenyanga yeshumi, ngosuku lokuqala lwenyanga, za bonakala iziqongo zezintaba.

6 Kwa ti ke ekupeleni kwezinsuku ezi ngamashumi amane, uNoa wa vula isibuko somkumbi a be s'enzile: 7 wa kipa igwababa, la de li zulazula, a za a sha amanzi emhlabeni. 8 Wa buya wa kipa ijuba, ikona e ya kubona ukuti amanzi a se ncipile ebusweni bomhlabati na; 9 kepa ijuba a li fumananga ndawo yokupumuza unyawo lwalo, la buyela kuye emkunjini; ngokuba amanzi a e se kona ebusweni bomhlaba wonke: w'elula isandhla sake, wa li tabata, wa li ngenisa kuye emkunjini. 10 Wa buya wa hlala futi izinsuku ezi isikombisa; wa pinda wa li kipa ijuba emkunjini; 11 kwa ti ijuba la

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UNoa u puma emkunjini; u ya bonga; u busiswa uJehova.

ngena kuye ngesikati sokuhlwa, nantoke, emlonyeni walo iqabunga lomnqumo elikiweyo: njaloke w'azi uNoa ukuti, amanzi a se ncipile emhlabeni. 12 Wa buya wa hlala futi izinsuku ezi isikombisa, wa kipa ijuba; a la be li sa buyela kuye.

13 Kwa ti ke ngomnyaka wamakulu a isitupa nanye, ngenyanga yokuqala, ngosuku lokuqala lwenyanga, amanzi a b'e shile emhlabeni: uNoa wa si susa isisibekelo somkumbi, wa buka, nampu, se bomile ubuso bomhlabati. 14 Ngenyanga yesibili, ngosuku lwamashumi amabili nesikombisa lwenyanga, wa se womile umhlaba. 15 Wa s'e kuluma uNkulunkulu ku Noa, e ti, 16 Pumake emkunjini, wena, nomkako, namadodana ako, nomka madodana ako kanye nawe. 17 A u kipe kanye nawe konke okuzwayo oku nawe kwenyama yonke, izinyoni, nezinkomo, nokuhuquzelayo konke oku huquzela emhlabeni; ukuze zi cume kakulu emhlabeni, zi zale, z'ande emhlabeni. 18 Wa pumake uNoa, namadodana ake, nomkake, nomka madodana ake kanye naye: 19 izilwane zonke, nokuhuquzelayo konke, nezinyoni zonke, konke okuhambayo emhlabeni, ngezinhlobo zako, kwa puma emkunjini.

20 UNoa wa m akela uJehova ilati, wa tabata kuzo zonke izilwane ezihlambululekileyo, na kuzo zonke izinyoni ezihlambululekileyo, wa nikela iminikelo eshiswayo elatini. 21 W'ezwake uJehova ulwasi olumnandi; wa s'e ti uJehova enhliziyweni yake, A ngi sa yi kuqalekisa umhlabati ngenxa yomuntu, ngokuba imicabango yenhliziyo yomuntu mibi kwa sebusheni bake; a ngi sa yi kupinda ngi bulale konke okuzwayo, njengokuba ngi kwenzile. 22 U se mi umhlaba, a ku yi kunqamuka ukuhlwanyela nokuvuna, amakaza nokufudumala, ihlobo nobusika, imini nobusuku.

9 UNkulunkulu wa m busisa uNoa namadodana ake, wa ti kubo, Zalani, n'ande, ni gcwalise umhlaba. 2 Ukwesatshwa kwenu novalo ngani kwo ba pezu kwezilwane zonke zomhlaba, na pezu kwezinyoni zonke zezulu; nako konke okupetuzayo emhlabatini, nezinhlanzi zonke zolwandhle, zi nikelwe esandhleni senu. 3 Konke okuhambayo okuzwayo ku ya kuba ukudhla kwenu; se ngi ni pile konke njengoba ngi ni pe imishana e luhlaza. 4 Kodwa inyama e nompefumulo wayo, e igazi layo, ni nga yi dhli. 5 Igazi lenu, eli imipefumulo yenu, impela ngi ya kulibiza; esandhleni sezilwane zonke ngi ya kulibiza, na sesandhleni somuntu, ngi sho esandhleni somfo wabo womuntu ngi ya kubiza umpefumulo womuntu. 6 O palaza igazi lomuntu, igazi lake li ya kupalazwa umuntu; ngokuba ngomfanekiso ka Nkulunkulu wa m enza umuntu. 7Ninake zalani, n'ande; ni cume emhlabeni, n'ande kuwo.

8 UNkulunkulu wa s'e kuluma ku Noa na ku madodana ake kanye naye, e ti, 9 Nami, bhekani, ngi ya si misa isivumelwano sami nani, na nenzalo yenu ngasemva kwenu; 10 na nokuzwayo konke oku nani, izinyoni, nezinkomo, nezilwane zonke zomhlaba ezi nani; zonke ezi puma emkunjini, ngi sho zonke izilwane zomhlaba. 11 Ngi ya kumisa isivumelwano sami nani; a ku sa yi kunqunywa futi inyama yonke ngamanzi ka zamcolo; a ku sa yi kubako futi uzamcolo ukuba a bubise umhlaba. 12 Wa s'e ti uNkulunkulu, Yilesi isibonakaliso sesivumelwano engisimisayo pakati kwami nani, nokuzwayo konke oku nani, ku ze ku be sezizukulwaneni ezingapeliyo: 13 utingo lwami ngi lu misile efwini, lu be isibonakaliso sesivumelwano pakati kwami nomhlaba. 14 Ko ti, nxa ngi leta ifu pezu kwomhlaba, utingo lu bonakale efwini, 15 ngi kumbule isivumelwano sami esi pakati kwami nani nako konke okuzwayo kwenyama yonke; amanzi a ka sa yi kuba uzamcolo ukububisa inyama yonke. 16 Utingo lu ya kuba sefwini; ngo lu buka, ukuba ngi kumbule isivumelwano esi mi njalo, esi pakati ku ka Nkulunku-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

lu nako konke okuzwayo kwenyama yonke e semhlabeni. 17 Wa ti ke uNkulunkulu ku Noa, Yilesi isibonakaliso sesivumelwano engisimisileyo pakati kwami nenyama yonke e semhlabeni.

18 Amadodana ka Noa, a puma emkunjini, a e nguShem, noHam, noJafeti: uHam nguyise ka Kanan. 19 Lawa matatu a ngamadodana ka Noa: kwa vela kuwo aba hlakazekela emhlabeni wonke.

20 Kwa ti uNoa wa qala ukuba umlimi womhlabati, wa tshala isivini: 21 wa puza iwayini, wa dakwa; w'ambuleka etenteni lake. 22 Kwa ti uHam, uyise ka Kanan, wa bona ubunqunu bu ka yise, wa ba tshela abane wabo bobabili be ngapandhle. 23 OShem noJafeti ba tabata ingubo, ba yi beka emahlombe abo bobabili, ba hamba nyovane, ba bu mboza ubunqunu bu ka yise; ubuso babo bu bheke emva, a ba bonanga ubunqunu bu ka yise. 24 Wa ti ukuvuka uNoa ewayinini lake, w'azi loko e bi kwenzile kuye indodana yake encane. 25 Wa s'e ti,

U qalekisiwe uKanan;
Wo ba isigqili sezigqili ku bafo wabo.

26 Wa ti,

Ma ku bongwe uJehova uNkulunkulu ka Shem;
UKanan a be isigqili sake.

27 UNkulunkulu ma ka m andise uJafeti,
Ma ka hlale ematenteni ka Shem;
UKanan a be isigqili sake.

28 Ngasemva ku ka zamcolo uNoa wa hlala iminyaka ya ba ngamakulu amatatu neminyaka e ngamashumi a isihlanu. 29 Izinsuku zonke zi ka Noa za zi iminyaka e ngamakulu a isishiyangalolunye neminyaka e ngamashumi a isihlanu: wa fa.

10 Nantu uzalo lwamadodana ka Noa, uShem, noHam, noJafeti: kwa zalwa ibo amadodana ngasemva ku ka zamcolo.

2 Amadodana ka Jafeti: uGomeri, noMagogi, noMadayi, noJavan, noTubali, noMesheki, noTirasi. 3 Amadodana ka Gomeri: uAshkenazi, noRifati, noTogarma. 4 Amadodana ka Javan: uElisha, noTarshishi, uKitim, noDodanim. 5 Kwa dabuka kubo aba seziqingini zezizwe emazweni abo, bonke ngezilimi zabo, ngemindeni yabo, ngezizwe zabo.

6 Amadodana ka Ham: uKushi, noMizerayim, noPuti, noKanan. 7 Amadodana ka Kushi: uSeba, noHavila, noSabta, noRama, noSabteka; amadodana ka Rama: uSheba, noDedan. 8 UKushi wa zala uNimrodi: wa qala ukuba isiqwaga emhlabeni. 9 Wa e ipisi elikulu pambi ku ka Jehova: ngako ku tiwa, NjengoNimrodi ipisi elikulu pambi ku ka Jehova. 10 Ukuqala kwombuso wake kwa ku iBabeli, neEreki, neAkadi, neKalne, ezweni la seShinari. 11 Wa puma ku lelo zwe wa ya eAsiriya, w'aka iNineve, neRehobotire, neKala, 12 neResen pakati kweNineve neKala (lowo u ngumuzi omkulu). 13 UMizerayim wa zala uLudim, noAnamim, noLehabim, noNaftuhim, 14 noPatrusim, noKasluhim (lapa kwa vela kona amaFilisti), noKaftorim.

15 UKanan wa zala uSidon, izibulo lake, noHeti, 16 namaJebusi, namaAmori, namaGirgashi, 17 namaHivi, namaArki, namaSini, 18 namaArvadi, namaZemari, namaHamati: and'uba ku hlakazeke imindeni yamaKanan. 19 Umkaulo wamaKanan wa suka eSidon, ku yiwa nga seGerari, wa za wa fika eGaza; ku yiwa nga seSodom na seGomora na seAdma na seZeboyim, ku ze ku be seLasha. 20 Laba ngamadodana ka Ham, ngemindeni yawo, ngezilimi zawo, emazweni awo, ezizweni zawo.

21 Naye uShem, uyise wabantwana bonke ba ka Eberi, umkuluwe ka Jafeti, wa zala abantwana. 22 Amadodana ka Shem: uElam, noAshuri, noArpakishadi, noLudi, noAram. 23 Amadodana ka Aram: uUze, noHuli, noGeteri, noMashi. 24 UArpakishadi wa zala uShela; uShela wa zala uEberi. 25 Kwa zalwa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umboshongo wa seBabeli. Uzalo lu ka Shem.

uEberi amadodana amabili: igama lenye nguPelege; ngokuba emihleni yake umhlaba w'ahlukaniswa; igama lomfo wabo nguJoketan. **26** UJoketan wa zala uAlmodadi, noShelefi, noHazarmaveti, noJera, **27** noHadoram, noUzali, noDikla, **28** noObali, noAbimayeli, noSheba, **29** noOfire, noHavila, noJobabe: laba bonke ba be ngamadodana ka Joketan. **30** Ukwaka kwabo kwa suka eMesha ku yiwa nga seSefare intaba ya sempumalanga. **31** Laba ba ngamadodana ka Shem, ngemindeni yawo, ngezilimi zawo, emazweni awo, ngezizwe zawo.

32 Yile imindeni yamadodana ka Noa ngezizukulwane zawo, ezizweni zawo: ku lawa izizwe za dabuka emhlabeni ngasemva ku ka zamcolo.

11 Kepake umhlaba wonke wa u nolimi lunye, nokukuluma kunye. **2** Kwa t' uba ba hambe be qonda nga sempumalanga, ba fumana itafa ezweni la seShinari; b'aka kona. **3** Ba ti omunye komunye, Wozani ma s'enze isitini, si si shise nokusishisa. Isitini sa si ngamatshe abo, ibitume la li udaka lwabo. **4** Ba ti, Wozani, ma s'ake umuzi, nomboshongo, o siqongo sawo si ya kufika ezulwini, ma si z'enzele igama; funa si hlakazeke ebusweni bomhlaba wonke. **5** UJehova w'ehla ukuzobona umuzi nomboshongo, aba be w'akile abantwana babantu. **6** Wa ti uJehova, Bhekani, abantu banye, ba nolimi lunye bonke; naku aba qala ukukwenza: kaloku a ba sa yi kuvinjelwa luto kuko konke aba hlose ukukwenza. **7** Wozani, a s'ehle si sanganise kona ulimi lwabo, ukuba ba ng'ezwani, omunye ukukuluma kwomunye. **8** Njaloke uJehova wa ba hlakaza kona ebusweni bomhlaba wonke: ba se be yeka ukwaka umuzi. **9** Ngakoke igama lawo la tiwa iBabeli; ngokuba uJehova wa sanganisa kona ulimi lomhlaba wonke: uJehova wa ba hlakaza kona ebusweni bomhlaba wonke.

10 Nantu uzalo lu ka Shem. UShem wa e neminyaka e ikulu, wa zala uArpakishadi iminyaka emibili ngasemva ku ka zamcolo: **11** ngasemva kwokuzala kwake uArpakishadi uShem wa hlala iminyaka ya ba ngamakulu a isihlanu, wa zala amadodana namadodakazi.

12 UArpakishadi wa hlala iminyaka ya ba ngamashumi amatatu a nesihlanu, wa zala uShela: **13** ngasemva kwokuzala kwake uShela uArpakishadi wa hlala iminyaka ya ba ngamakulu amane neminyaka emitatu, wa zala amadodana namadodakazi.

14 UShela wa hlala iminyaka ya ba ngamashumi amatatu, wa zala uEberi: **15** ngasemva kwokuzala kwake uEberi uShela wa hlala iminyaka ya ba ngamakulu amane neminyaka emitatu, wa zala amadodana namadodakazi.

16 UEberi wa hlala iminyaka ya ba ngamashumi amatatu nane, wa zala uPelege: **17** ngasemva kwokuzala kwake uPelege uEberi wa hlala iminyaka ya ba ngamakulu amane neminyaka e ngamashumi amatatu, wa zala amadodana namadodakazi.

18 UPelege wa hlala iminyaka ya ba ngamashumi amatatu, wa zala uRehu: **19** ngasemva kwokuzala kwake uRehu uPelege wa hlala iminyaka ya ba ngamakulu amabili neminyaka e isishiyangalolunye, wa zala amadodana namadodakazi.

20 URehu wa hlala iminyaka ya ba ngamashumi amatatu nambili, wa zala uSeruga: **21** ngasemva kwokuzala kwake uSeruga uRehu wa hlala iminyaka ya ba ngamakulu amabili neminyaka e isikombisa, wa zala amadodana namadodakazi.

22 USeruga wa hlala iminyaka ya ba ngamashumi amatatu, wa zala uNahori: **23** ngasemva kwokuzala kwake uNahori uSeruga wa hlala iminyaka ya ba ngamakulu amabili, wa zala amadodana namadodakazi.

24 UNahori wa hlala iminyaka ya ba ngamashumi amabili nesishiyangalolunye, wa zala uTera: **25** ngasemva kwokuzala kwake uTera uNahori wa hlala iminyaka ya ba ikulu

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

neminyaka e ishumi nesishiyangalolunye, wa zala amadodana namadodakazi.

26 UTera wa hlala iminyaka ya ba ngamashumi a isikombisa, wa zala uAbram, noNahori, noHaran.

27 Nantu uzalo lu ka Tera. UTera wa zala uAbram, noNahori, noHaran; uHaran wa zala uLote. 28 UHaran wa fa ngapambi ku ka Tera uyise ezweni a zalelwa kulo, eUre lamaKaledi. [illegible]ori ba zitabatela abafazi: igama lomka Abram nguSarayi; igama lomka Nahori nguMilka, indodakazi ka Haran, uyise ka Milka, noyise ka Iska. 30 USarayi wa e inyumba; e nge na mntwana. 31 UTera wa tabata uAbram, indodana yake, noLote ka Haran, indodana yendodana yake, noSarayi umalukazana wake, umka Abram indodana yake; b'esuka nabo eUre lamaKaledi. ukuba ba ye ezweni la kwa Kanan; ba fika kwa Haran, b'aka kona. 32 Izinsuku zi ka Tera za zi iminyaka e ngamakulu amabili neminyaka e isihlanu: uTera wa fa kwa Haran.

12 UJehova wa ti ku Abram, Suka ezweni la kini, na sezihlotsheni zako, na sendhlini ka yihlo, u ye ezweni engi za kukukombisa lona: 2 ngi yo kwenza isizwe esikulu, ngi ku busise, ngi kulise igama lako; wo ba isibusiso: 3 ngi yobusisa abakubusisayo, ngi m qalekise okuqalekisayo: i ya kubusiswa ngawe imindeni yonke yomhlaba. 4 Wa hambake uAbram, njengaloko uJehova a be shilo kuye; uLote wa hamba naye: uAbram wa e neminyaka e ngamashumi a isikombisa neminyaka e isihlanu, msukwana e muka kwa Haran. 5 UAbram wa tabata uSarayi umkake, noLote indodana yomfo wabo, nemfuyo yabo yonke aba be yi fuyile, nabantu aba be ba tolile kwa Haran; b'emuka ukuya ezweni la kwa Kanan; ba fikake ezweni la kwa Kanan. 6 UAbram wa dabula ezweni, wa ya endaweni ka Shekem, emokini wa seMore. Kepa amaKanan a e kona ezweni. 7 UJehova wa bonakala ku Abram, wa ti, Ngi ya kunika inzalo yako leli zwe: wa m akela kona uJehova ilati, owa bonakala kuye. 8 W'esuka kona, wa ya entabeni nga sempumalanga kwa seBeteli, wa misa itente lake, iBeteli li nga sentshonalanga, iAyi li nga sempumalanga: wa m akela kona uJehova ilati, wa teta igama li ka Jehova. 9 UAbram w'esuka wa hamba, e bheka njalo nga seningizimu.

10 Kwa ku kona indhlala ezweni: uAbram w'ehla wa ya Egipite ukuti gozololo kona; ngokuba indhlala ya i bahile ezweni. 11 Kwa ti, e se sondele ukungena Egipite, wa ti ku Sarayi umkake, Bhekake, ngi y' azi ukuti u ngowesifazana omuhle, u bukeka: 12 ku ya kuti, nxa aba sEgipite be ku bona, ba ti, Umkake lo; ba ngi bulale, ba ku yeke wena u pile. 13 Wo ti ke, u ngudade wetu; ukuba ku be kuhle kimi ngenxa yako, umpefumulo wami u sinde ngawe. 14 Kwa t'uba a fike uAbram Egipite, aba sEgipite ba m bona owesifazana ukuti, muhle impela. 15 Izikulu zi ka Faro za m bona, za m babaza ku Faro: owesifazana wa se e yiswa endhlini ka Faro. 16 Wa m pata kahle uAbram ngenxa yake: wa e nezimvu, nezinkomo, namaduna ezimbongolo, nabantu besilisa nabesifazana, nezinsikazi zezimbongolo, namakamelo. 17 UJehova wa s'e m shaya uFaro nendhlu yake ngezishayo ezinkulu ngenxa ka Sarayi, umka Abram. 18 UFaro wa s'e m biza uAbram, wa ti, Yini loku o kwenze kimina na? a u ngi tshelanga ngani ukuti u ngumkako na? 19 u sholoni ukuti, Udade wetu, nga ze nga m tabata, a be umkami na? nangu umkako, m tabate, u hambe. 20 UFaro wa s'e yala abantu bake ngaye: ba m pelekezela, nomkake, nako konke a nako.

13 UAbram w'enyuka Egipite, yena nomkake, nako konke a nako, noLote naye, ba ya nga seNingizimu. 2 UAbram wa e fuyile kakulu izinkomo, nesiliva negolide. 3 W'esuka eNingizimu wa hambaha-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

mba wa za wa fika eBeteli, endaweni ela li kuyo itente lake kuqala, pakati kweBeteli neAyi, 4 endaweni yelati alenzayo kona kuqala: uAbram wa s'e teta kona igama li ka Jehova. 5 Naye uLote, owa e hamba no-Abram, wa e nezimvu, nezinkomo, namatente. 6 Kwa ti izwe a li b'anelanga, ukuba ba hlale ndawonye: ngokuba imfuyo yabo ya inkulu, nangoba ba be nge hlale ndawonye. 7 Njalo kwa ba kona umbango pakati kwabalusi bezinkomo zi ka Abram nabalusi bezinkomo zi ka Lote: kepa amaKanan namaPerizi a akile ezweni nga leso sikati. 8 Wa s'e ti uAbram ku Lote, A ku nga biko umbango pela pakati kwami nawe, na pakati kwabalusi bami nabalusi bako; ngokuba si ya zalana. 9 Po izwe lonke a liko yini pambi kwako na? a ke wahlukane nami: nxa u ya nga kwesokohlo, ngi za kuya nga kwesokunene; na nxa u ya nga kwesokunene, ngi za kuya nga kwesokohlo. 10 ULote wa pakamisa amehlo ake, wa bona imfunda yonke ya seJordan, ukuba i namanzi yonk' indawo, uJehova e nga ka bubisi iSodom neGomora, i fana nensimu ka Jehova, i fana nezwe la sEgipite, nxa ku yiwa eZohare. 11 ULote wa ziketela imfunda yonke ya seJordan; uLote w'esuka wa ya nga sempumalanga: b'ahlukanake omunye nomunye. 12 UAbram wa hlala ezweni la kwa Kanan, ULote wa hlala emizini ya semfundeni, wa gudhluza itente lake kwa ze kwa ba seSodom. 13 Kepake abantu ba seSodom ba be babi, be izoni kakulu ku Jehova.

14 Wa s'e ti uJehova ku Abram, uLote e s'ahlukane naye, A k'u pakamise amehlo ako u me endaweni o kuyo, u bheke nga senyakato na nga seningizimu, na nga sempumalanga, na nga sentshonalanga: 15 ngokuba izwe lonke olibonayo, ngi za kukunika lona, nenzalo yako ku ze ku be nini. 16 Ngi ya kwenza inzalo yako i be njengotuli lomhlaba: nxa umuntu e nga bala utuli lomhlaba, i nga balwa nayo inzalo yako. 17 Suka, u hambe ezweni, ebudeni balo na sebubanzini balo; ngokuba ngi ya kukunika lona. 18 UAbram wa gudhluza itente lake, w'eza wa hlala nga semiokini ka Mamre, e seHebron, wa m akela kona uJehova ilati.

14 Kwa ti emihleni ka Amrafeli inkosi ya seShinari, uAriyoki inkosi ya seElasare, noKedorlaomeri inkosi ya seElam, noTidali inkosi ya seGoyim, 2 lawa a lwa noBera inkosi ya seSodom, noBirsha inkosi ya seGomora, noShinabe inkosi ya seAdma, noShemeberi inkosi ya seZeboyim, nenkosi ya seBela (eli iZohare). 3 Lawa onke a hlangana esigodini sa seSidim (esi ulwandhle lu ka Saoti). 4 Iminyaka ya ba ishumi nambili e m konza uKedorlaomeri, kepa ngomnyaka weshumi nantatu a hlubuka. 5 Ngomnyaka weshumi nane kwa fika uKedorlaomeri, namakosi a naye, ba dhla amaRefa eAshteroti-karnayim, namaZuzi kwa Ham, namaEmi eShave-kiriyatayim, 6 namaHori entabeni yawo iSehire, ku ze ku fike eEl-paran, eli nga sehlane. 7 Ba buya, ba fika eEn-mishpati (eli iKadeshe), ba dhla izwe lonke lama-Amaleki, nawo amaAmori a be akile eHazazon-tamari. 8 Kwa se ku puma inkosi ya seSodom, nenkosi ya seGomora, nenkosi ya seAdma, nenkosi ya seZeboyim, nenkosi ya seBela (eli iZohare); a hlela impi ukulwa nabo esigodini sa seSidim; 9 a lwa noKedorlaomeri inkosi ya seElam, noTidali inkosi ya seGoyim, noAmrafeli inkosi ya seShinari, noAriyoki inkosi ya seElasare; amakosi amane a lwa na yisihlanu. 10 Isigodi sa seSidim sa si nemigodi yebitume; inkosi ya seSodom neya seGomora a baleka a fela kona, abaseleyo ba baleka ba ya entabeni. 11 Ba tabata impahla yonke ya seSodom neya seGomora, nokudhla kwabo konke, b'emuka. 12 Ba m tabata uLote indodana yomfo wabo ka Abram, owa b'e akile eSodom, nempahla yake, ba hamba.

13 Kwa fika osindileyo, wa m bikela uAbram umHeberu: wa b'e hlala nga semiokini ka Mamre umAmori,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ahlulwa uAbram. Indaba ka Melkizedeki. Ukutenjiswa ku ka Abram.

umfo wabo ka Eshkoli, nomfo wabo ka Aneri; labo ba be hlangene no-Abram. **14** Wa ti uAbram ukuzwa ukuti u tunjiwe umfo wabo, wa kipa impi yabantu bake abafundileyo, aba zalelwe endhlini yake, aba ngamakulu amatatu neshumi nesishiyangalombili, wa ba landela, wa za wa fika kwa Dan. **15** Wa paka abake wa ya kubo ebusuku, yena nabantu bake, wa ba shaya, wa ba xosha, wa za wa fika eHoba, eli nga kwesokohlo kwe-Damaseku. **16** Wa buyisa impahla yonke, wa m buyisa naye uLote umfo wabo, nempahla yake, nesifazana futi, nabantu.

17 Ngasemva kwokubuya kwake e se m bulele uKedorlaomeri namakosi a naye, ya puma inkosi ya seSodom ya ya kumhlangabeza, esigodini sa se Shava (esi iSigodi seNkosi). **18** Kwa ti uMelkizedeki inkosi ya seSalem, wa leta ukudhla newayini: wa e umpristi ka Nkulunkulu o Pezu Konke. **19** Wa m busisa, wa ti, Ma ka busiswe uAbram nguNkulunkulu o Pezu Konke, umninizulu nomhlaba: **20** Ma ka bongwe uNkulunkulu o Pezu Konke, o kapele izita zako esandhleni sako. Wa m nika okweshumi kuko konke. **21** Ya ti inkosi ya seSodom ku Abram, Ngi nike abantu, u zitabatele impahla. **22** Wa ti uAbram enkosini ya seSodom, Ngi pakamisile isandhla sami ku Jehova uNkulunkulu o Pezu Konke, umninizulu nomhlaba, **23** ukuti a ngi yi kutabata umucu, na nentambo yesicatulo, a ngi yi kutabata luto kuko konke oku ngokwako, funa u ti, Ngi m cebisile uAbram: **24** iloko kupela, oku dhliwe abafana, nokwabelwe abantu aba hamba nami, uAneri, no-Eshkoli, noMamre; a ba tabate izabelo zabo.

15 Ngasemva kwa lezi zinto izwi li ka Jehova la fika ku Abram ngombono, li ti, U ng'esabi, Abram: ngi isihlangu sako, ihxomelo lako elikulu kakulu. **2** Wa ti uAbram, Nkosi Jehova, u ya kungipani na? loku ngi hamba nje ngi impulule; o za kudhla ifa lomuzi wami nguEliyezere wa seDamaseku? **3** Wa ti uAbram Bheka, a u ngi panga inzalo: nangu o zalelwe endhlini yami e ya kulidhla ifa lami. **4** Bheka, izwi li ka Jehova la fika kuye, li ti, Lo a ka yi kulidhla ifa lako; kodwa o za kupuma ezibilinini zako u ya kulidhla ifa lako. **5** Wa s'e m pumisela pandhle, wa ti, Bhekake ezulwini, u bale izinkanyezi, uma u nga zi bala: wa s'e ti kuye, I ya kuba njaloke inzalo yako. **6** Wa kolwa uJehova; wa m balela loko, wa ti, ku ukulunga. **7** Wa s'e ti kuye, Ngi nguJehova owa ku kipa eUre lamaKaledi, ukuba ngi ku nike leli zwe li be ifa lako. **8** Wa ti, Nkosi Jehova, ngi ya kwazi ngani ukuti ngi ya kulidhla ubufa na? **9** Wa ti kuye, Ngi tabatele itokazi eli neminyaka emitatu, nembuzikazi e neminyaka emitatu, nenqama e neminyaka emitatu, nehobe, nepupu lejuba. **10** Wa zi tabata zonke lezo, wa zi dabula pakati, wa zi beka izinhlangoti za bhekana: kepa ka zi dabulanga izinyoni. **11** Ehla amanqe pezu kwezidumbu, uAbram wa wa xosha.

12 Kwa ti ukushona kwelanga, ubutongo obunzima ba m ehlela uAbram; bheka, kwa se ku m ehlela ubumnyama obukulu obusabekayo. **13** Wa s'e ti ku Abram, A ke wazisise ukuti inzalo yako i za kuba abezizwe ezweni eli nge silo elayo i ba konze; ba yi hlupe iminyaka i be ngamakulu amane; **14** naso leso sizwe, e za kusikonza, ngi ya kuteta icala laso: and'uba i pume i nemfuyo enkulu. **15** Wena kambe u ya kuya kokoko bako ngobuhle; u mbelwe u su ingwevu. **16** Ko ti esizukulwaneni sesine i buyele lapa: ngokuba ububi bamaAmori a bu ka gcwali. **17** Kwa ti ukushona kwelanga, se ku mnyama, nakoke kwa dabula pakati kwa lezo zicubu isitando esitunqayo nesihlanti esivutayo. **18** Nga lolo suku uJehova wenza isivumelwano noAbram, e ti, Ngi nikile inzalo yako leli zwe, li suka emfuleni wa sEgipite li ye emfuleni omkulu, umfula o tiwa uUfrate: **19** amaKeni, namaKenizi, namaKadmoni, **20** namaHiti, nama-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Perizi, namaRefa, 21 namaAmori, namaKanan, namaGirgashi, namaJebusi.

16 Kepa uSarayi, umka Abram, ka m zalelanga bantwana: wa e nesigqili sa sEgipite, igama laso nguHagari. 2 Wa ti uSarayi ku Abram, Bhekake, uJehova u ngi valile ukuba ngi nga zali; a k'u ye pela kuso isigqili sami; ingabe ngi ng'akelwa ngaso. Wa lalelake uAbram izwi li ka Sarayi. 3 USarayi, umka Abram, wa tabata uHagari wa sEgipite, isigqili sake, wa si yisa ku Abram indoda yake, si be umfazi wake, uAbram e s'akile ezweni la kwa Kanan iminyaka e ishumi. 4 Wa ya ku Hagari, wa kulelwa: wa ti ukubona ukuti u kulelwe, inkosikazi yake ya deleleka emehlweni ake. 5 Wa s'e ti uSarayi ku Abram, Ukwoniwa kwami a ku be pezu kwako: ngi yisile isigqili sami esifubeni sako; ku te se si bone ukuti si kulelwe, nga se ngi deleleka emehlweni aso: uJehova k'ahlulele pakati kwami nawe. 6 Kepa wa ti uAbram ku Sarayi, Nasi isigqili sako, si sesandhleni sako; yenza kuso okufaneleyo emehlweni ako. USarayi wa s'e si hlupa, sa baleka ebusweni bake.

7 Kepa ingelosi ka Jehova ya si fumana nga semtonjeni wamanzi ehlane, nga semtonjeni endhleleni e ya eShuri. 8 Ya ti, Hagari, sigqili si ka Sarayi, u velapi na? u ya ngapi na? Sa ti, Ngi baleka ebusweni benkosikazi yami, uSarayi. 9 Ya ti kuso ingelosi ka Jehova, Buyela kuyo inkosikazi yako, u zitobe pansi kwezandhla zayo. 10 Ya ti kuso ingelosi ka Jehova, Ngi ya kwandisa kakulu inzalo yako, i nga bi nakubalwa ngobuningi. 11 Ya ti kuso ingelosi ka Jehova, Bheka, u s'u kulelwe, u ya kuzala indodana; u qambe igama layo ngokuti uIshmayeli; ngokuba uJehova u zwile ukuhlupeka kwako. 12 Yena u ya kuba imbongolo ya sendhle pakati kwabantu, isandhla sake si melane nabantu bonke, nesandhla sabantu bonke si melane naye; u ya kuhlala e bhekene nabafo wabo bonke. 13 Wa biza igama li ka Jehova owa kuluma kuye ngokuti, Wena u nguNkulunkulu obonayo: ngokuba wa ti, Imbala ngi m funile yini na lapa ongibonayo na? 14 Ngaloko lowo mtombo wa tiwa iBere-lahayi-royi; nanko pakati kweKadeshe neBerede.

15 UHagari wa m zalela uAbram indodana: uAbram wa qamba igama lendodana yake, ayizalayo uHagari, ngokuti uIshmayeli. 16 UAbram wa e neminyaka e ngamashumi a isishiyangalombili neminyaka e isitupa, msukwana uHagari e m zalela uAbram uIshmayeli.

17 UAbram e se neminyaka e ngamashumi a isishiyangalolunye neminyaka e isishiyangalolunye, uJehova wa bonakala ku Abram, wa ti kuye, Ngi nguNkulunkulu uSomandhla; hamba pambi kwami, u be opeleleyo. 2 Ngi ya kwenza isivumelwano sami pakati kwami nawe, ngi kwandise kakulu. 3 UAbram wa ti mbo ngobuso: uNkulunkulu wa kuluma naye e ti, 4 Bheka, ngokwami isivumelwano sami si kuwe, u ya kuba uyise wesixuku sezizwe. 5 Igama lako a li sa yi kubizwa ngokutiwa uAbram, igama lako li za kuba uAbraham; ngokuba ngi kwenzile u be uyise wesixuku sezizwe. 6 Ngi ya kukwandisa kakulu, ngi kwenze u be izizwe, ku za kuvela kuwe amakosi. 7 Ngi ya kumisa isivumelwano sami pakati kwami nawe, nenzalo yako ngasemva kwako ezizukulwaneni zayo, si be isivumelwano esimiyo njalo, ngi be uNkulunkulu wako nowenzalo yako ngasemva kwako. 8 Ngi ya kukunika wena, nenzalo yako ngasemva kwako, izwe ote gozololo kulo, izwe lonke la kwa Kanan, li be ifa ku ze ku be nini; ngi ya kuba uNkulunkulu wayo.

9 Wa ti uNkulunkulu ku Abraham, Wenake, wo gcina isivumelwano sami, wena, nenzalo yako ngasemva kwako ezizukulwaneni zayo. 10 Yilesi isivumelwano sami, pakati kwami nawe nenzalo yako ngasemva kwako, eni ya kusigcina; sokuti u ya kusokwa wonke owesilisa pakati kwe-

Digitized by
Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

sokusoka. UAbram u tenjiswa ngoIsaka. U hanjwa izingelosi.

nu. 11 Ni ya kusoka inyama yejwabu lenu; ku be upau lwesivumelwano pakati kwami nani. 12 U ya kusokwa lowo wa kini o nezinsuku ezi isishiyangalombili, bonke abesilisa ezizukulwaneni zenu, lowo ozaliweyo endhlini, na lowo otengiweyo ngemali kwabezizwe bonke, o nge siyo inzalo yako. 13 U ya kusokwa nokusokwa yena o zalwe endhlini yako, naye o tengwe ngemali yako: isivumelwano sami si za kuba senyameni yenu, si be isivumelwano esimiyo njalo. 14 Owesilisa o nga sokiwe, o nga sokile inyama yejwabu lake, lo muntu ma ka nqunywe kwaba kubo; u shafise isivumelwano sami.

15 Wa ti uNkulunkulu ku Abraham, USarayi umkako, a u yi kubiza igama lake ngokuti uSarayi, igama lake li za kuba uSara. 16 Ngi ya kumbusisa, na ngaye ngi za kukunika indodana: yebo ngi ya kumbusisa, a be izizwe; amakosi abantu a za kuvela kuye. 17 UAbraham wa s'e ti mbo ngobuso, wa hleka, wa ti enhliziyweni yake, U za kuzalelwa umntwana, yena o neminyaka e ikulu na? naye uSara o neminyaka e ngamashumi a isishiyangalolunye, u za kuzala na? 18 Wa ti uAbraham ku Nkulunkulu, Sengati uIshmayeli a nga hamba pambi kwako! 19 Wa s'e ti uNkulunkulu, Ayi bo, uSara umkako u ya kukuzalela indodana; u ya kuqamba igama layo ngokuti uIsaka: ngi ya kumisa isivumelwano sami naye, nenzalo yake ngasemva kwake, si be isivumelwano esimiyo njalo. 20 Na ngoIshmayeli ngi ku zwile: bheka, ngi m busisile, ngi ya kumcumisa, ngi m andise kakulu; izikulu ezi ishumi nambili zi ya kuzalwa uye, ngi ya kumenza a be isizwe esikulu. 21 Kepa ngi ya kumisa isivumelwano sami noIsaka, a za kukuzalela yena uSara nga lesi sikati ngomnyaka ozayo.

22 Wa qeda ukukuluma naye; uNkulunkulu wa m shiya uAbraham w' enyuka. 23 UAbraham wa tabata uIshmayeli indodana yake, nabo bonke abazelweyo endhlini yake, nabo bonke abatengiweyo ngemali yake, abesilisa bonke pakati kwabantu bendhlu ka Abraham, wa soka inyama yejwabu labo nga lolo suku, njengokusho ku ka Nkulunkulu kuye. 24 UAbraham wa e neminyaka e ngamashumi a isishiyangalolunye nesishiyangalolunye msukwana e sokwa enyameni yejwabu. 25 UIshmayeli indodana yake wa e neminyaka e ishumi nantatu, msukwana e sokwa enyameni yejwabu. 26 Nga lolo suku wa sokwa uAbraham, noIshmayeli indodana yake. 27 Abesilisa bonke bendhlu yake, abazelweyo endhlini, nabatengiweyo ngemali kowezizwe, ba sokwa kanye naye.

18 Kwa ti uJehova wa bonakala kuye nga semiokini ka Mamre, e hlezi nga semnyango wetente ngesikati sokubalela kwemini; 2 wa pakamisa amehlo ake wa bheka, nankoke, amadoda amatatu e mi pambi kwake: wa ti ukuwabona, w'esuka emnyango wetente wa gijima ukuwahlangabeza, wa kotamela pansi, 3 wa ti, Nkosi yami, nxa ngi nesasasa kuwe, ma u nga dhluli encekwini yako: 4 a ke ku letwe amanzana, ni geze izinyawo, ni pumule pansi kwomuti: 5 ke ngi lete umtamo wokudhla, ni hlumelele inhliziyo yenu; and'uba ni dhlule: njengaloku ni fike encekwini yenu. A s'e ti, Yenza njengokusho kwako. 6 UAbraham wa putuma etenteni ku Sara, wa ti, Shesha u lungise izilinganiso ezintatu zempupu ecolekileyo, u yi xove, wenze amaqebelengwana. 7 UAbraham wa gijimela ezinkomeni, wa tata itole elitambileyo elihle, wa li nika umfana; wa shesha ukulilungisa. 8 Wa tabata amasi, nobisi, netole a be li lungisile, wa ku beka pambi kwawo; w'ema nawo pansi kwomuti, a dhla.

9 A s'e ti kuye, USara umkako upi na? Wa ti, Nangu etenteni. 10 Wa ti, Ngi za kubuyela nokubuyela kuwe nyakenye; bheka uSara umkako u ya kuba nendodana. W'ezwa uSara e semnyango wetente, eli ngase-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izingelosi zi li bhekisa eSodom. Umtandazo ka Abraham.

mva kwake. 11 Kepa uAbraham no-Sara ba be badala, be neminyaka eminingi; kwa se ku nqamukile ku Sara okwesifazana. 12 USara wa s'e hleka pakati kwake, e ti, Loku se ngi gugile ngi ya kuba nentokozo na? nenkosi yami i s'i gugile njena na? 13 Wa ti uJehova ku Abraham, U hlekeleni uSara, e ti, Imbala ngi za kuzala, se ngi gugile njena na? 14 UJehova wahlulwa uto na? Ngesikati esimisiweyo ngi ya kubuyela kuwe nyakenye, uSara u za kuba nendodana. 15 Wa pika uSara, e ti, A ngi hlekanga; ngokuba w'esaba. Wa ti, Qa; u hlekile bo.

16 A ti amadoda esuka kona, a bheka nga seSodom: uAbraham wa hamba nawo, wa wa pelekezela. 17 Wa ti uJehova, Ngi za kumfihlela uAbraham loku engikwenzayo na; 18 loku kambe uAbraham e za kuba isizwe esikulu esi namandhla, zi ya kubusiswa ngaye zonke izizwe zomhlaba na? 19 Ngoba ngi m azele okwokuba a yale abantwana bake, nendhlu yake ngasemva kwake, ba gcine indhlela ka Jehova, b'enze okulungileyo nokufaneleyo; ukuze uJehova a m ehlisele uAbraham loko a ku shilo ngaye. 20 Wa ti uJehova, Ngokuba isikalo ngeSodom na ngeGomora si kulu, na ngokuba ukwona kwabo ku nzima kakulu; 21 ngi ya kwehla manje, ngi bone ukuba b'enzile kambe njengesikalo esi zwakele kimi ngako; uma ku nge njalo ngi ya kwazi.

22 A ti amadoda a buya kona, a ya nga seSodom: kepa uAbraham wa e se mi pambi ku ka Jehova. 23 UAbraham wa s'e sondela, wa ti, U za kuqeda abalungileyo kanye namashinga na? 24 Mhlaumbe ku nga kona pakati kwomuzi aba ngamashumi a isihlanu abalungileyo: imbala u ya kuqeda, u nga yeki lendawo ngenxa yabalungileyo aba ngamashumi a isihlanu pakati kwayo na? 25 A ku be kude nawe ukwenze njalo, ukubulala abalungileyo kanye namashinga; ukuba abalungileyo ba be njengamashinga; a ku be kude nawe: umahluli womhlaba a ka yi kwenza okufaneleyo na? 26 Wa ti uJehova, Uma ngi fumana eSodom abalungileyo aba ngamashumi a isihlanu pakati kwomuzi, ngi ya kuyeka indawo yonke ngenxa yabo. 27 UAbraham wa pendula wa ti, Bheka, ngi qalile ukukuluma neNkosi, mina engi utuli nomlota: 28 mhlaumbe ku sweleke aba isihlanu kubo abalungileyo aba ngamashumi a isihlanu: u za kububisa umuzi wonke ngenxa yaba isihlanu na? Wa ti, A ngi yi kuwububisa uma ngi fumana kona aba ngamashumi amane nesihlanu. 29 Wa buya wa kuluma naye futi, wa ti, Mhlaumbe ku funyaniswe kona aba ngamashumi amane. Wa ti, A ngi yi kukwenza ngenxa yaba ngamashumi amane. 30 Wa ti, A ke i nga tukuteli iNkosi, ngi za kukuluma: mhlaumbe ku funyaniswe kona aba ngamashumi amatatu. Wa ti, A ngi yi kukwenza uma ngi fumana aba ngamashumi amatatu kona. 31 Wa ti, Bheka, ngi qalile ukukuluma neNkosi: mhlaumbe ku funyaniswe kona aba ngamashumi amabili. Wa ti, A ngi yi kuwububisa ngenxa yaba ngamashumi amabili. 32 Wa ti, A ke i nga tukuteli iNkosi, ngi za kukuluma kanye kupela: mhlaumbe ku funyaniswe kona aba ishumi. Wa ti, A ngi yi kuwububisa ngenxa yaba ishumi. 33 Wa ti uJehova, e se qedile ukukuluma noAbraham wa hamba: uAbraham wa buyela endaweni yake.

19 Ku te se ku hlwa izingelosi ezimbili za fika eSodom; uLote wa e hlezi esangweni la seSodom: uLote wa zi bona, w'esuka ukuzihlangabeza; wa kotama e beka pansi ubuso; 2 wa ti, Bhekanike makosi ami, a ke ni pambukele endhlini yenceku yenu, ni ngenise, ni geze izinyawo; ni ya kuvuka ekuseni ni hambe ngendhlela yenu. Za ti, Qa; si ya kulala esigcawini. 3 Wa zi ncosholozela kakulu; za se zi pambukela kuye, za ngena endhlini yake; wa z'enzela idili, w'osa isinkwa esi nge namvubelo za dhla. 4 Kepa, zi nga ka lali, abantu bomuzi, abantu ba seSodom, ba haqa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

indhlu, abasha nabadala, bonke abantu be vela inxa zonke; 5 ba memeza ku Lote, ba ti kuye, Api lawa madoda a ngene kuwe kusihlwa nje na? si kipele wona ukuba si ye kuwo. 6 ULote wa pumela kubo emnyango, wa vala umnyango ngasemva kwake. 7 Wa ti, Bafo wetu, musani ukwenza okubi okunje. 8 Bhekanike, ngi namadodakazi amabili a nga bonanga e hlangana nandoda; a ke ngi ni kipele wona, nenze kuwo oku fanele emehlweni enu: kepa ku lawa madoda ni ng'enzi luto njengokuba ezile pansi kwomtunzi wopahla lwami. 9 Ba ti, Suka. Ba ti, Loku k'weza lapa ukuti gozololo nje, se ku funa ukuba umahluli: kaloku se si zo kwenzakalisa wena kakulu kunawo. Ba m cindezela kakulu lowo muntu uLote, ba sondela ukwapula umnyango. 10 Kepa amadoda a z'elula izandhla zawo, a m ngenisa uLote kuwo endhlini, a vala umnyango. 11 A ba shaya abantu aba semnyango wendhlu abancinyane nabakulu ngobumpumpute; ba zikataza be funa umnyango.

12 A s'e ti amadoda ku Lote, U nobani futi lapa na? umkwenyana wako, namadodana ako, namadodakazi ako, nabo bonke o nabo emzini, ba pumese ku le ndawo: 13 ngoba si za kububisa le ndawo, ngokuba isikalo ngabo si kulile pambi ku ka Jehova; uJehova u si tumile ukuba si yi bubise. 14 Wa s'e puma uLote, wa kuluma nabakwenyana bake, aba be tabatile amadodakazi ake, wa ti, Sukani, ni pume ku le ndawo; ngokuba uJehova u za kububisa lo muzi. Wa e njengoqangayo emehlweni abakwenyana bake. 15 Kwa ti se ku sile izingelosi za m sheshisa uLote, za ti, Suka, u tabate umkako, namadodakazi ako amabili a kona, funa u qedwe ebubini bomuzi. 16 Kepa wa zindela; amadoda a bamba isandhla sake, nesandhla somkake, nesandhla samadodakazi amabili ake, uJehova e m haukela: a m pumesa a m beka ngapandhle kwomuzi. 17 A ti e se ba pumesele ngapandhle, a ti, Baleka u zisindise u pile; u nga bheki emva kwako, u ng'emi emfundeni yonke; balekela entabeni, funa u qedwe. 18 Wa ti kuwo uLote, Ayi bo, Nkosi yami: 19 Bheka, inceku yako i nesasasa kuwe, u si kulisile isihau sako, o ng'enzele sona loku u ngi sindisile; ngi nge balekele entabeni, funa ngi ficwe ububi, ngi fe: 20 nankuke, lo muzi u seduze ukuba ku balekelwe kuwo, mncinyane. A ke ngi pepele kona, ku sinde umpefumulo wami; (angiti mncinyane nje). 21 Wa ti kuye, Bheka, ngi ku vumela nga le nto futi, yokuti a ngi yi kucita lo muzi owushiloyo. 22 Shesha, u balekele kuwo; ngokuba ngi ng'enze luto u nga ka fiki kona. Ngalokoke igama lomuzi la tiwa iZohare.

23 Ilanga la se li pumile emhlabeni lapo uLote wa fika eZohare. 24 Konake uJehova wa nisa pezu kweSodom na pezu kweGomora isibabuli nomlilo, ku vela ku Jehova ezulwini; 25 wa yi cita leyo mizi, nemfunda yonke, nabakileyo bonke emizini, na loko okumilayo emhlabatini. 26 Kepa umkake e semva kwake wa bheka emva, wa ba insika ka saoti. 27 UAbraham wa vuka ekuseni nga kusasa, wa ya ku leyo ndawo lapo w'ema kona pambi ku ka Jehova: 28 wa buka nga seSodom neGomora, na nga sezweni lonke lemfunda, wa bona, naso isisi sezwe s'enyukisa okwesisi sesitando.

29 Kwa ti, nxa uNkulunkulu e bubisa imizi yemfunda, uNkulunkulu wa kumbula uAbraham, wa pumisa uLote ekucitekeni, msukwana e cita imizi a be ake kuyo uLote.

30 ULote w'enyuka eZohare, wa hlala entabeni, kanye namadodakazi ake amabili; ngokuba w'esaba ukuhlala eZohare: wa hlala emhumeni, yena namadodakazi ake amabili. 31 Ya se i ti eyamazibulo kwencinyane, Ubaba u se mdala, a iko indoda emhlabeni yokungena kitina njengomkuba womhlaba wonke: 32 a ke si m puzise ubaba iwayini, si lale naye ukuba si kweze inzalo ngobaba. 33 A m puzisake uyise iwayini nga lobo busuku: ya ngena eyamazibulo, ya la-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amadodakazi ka Lote. UAbraham eGerari. Ku zalwa uIsaka.

la noyise; k'azanga ukulala kwayo nokuvuka kwayo. 34 Kwa ti nga ngomso eyamazibulo ya ti kwencinyane, Bheka, be ngi lele nobaba izolo: a si buye si m puzise iwayini nga lobu busuku; u bu su ngena wena, u lale naye, ukuba si kweze inzalo ngobaba. 35 A s'e m puzisa uyise iwayini na nga lobo busuku futi: y'esukake encinyane, ya lala naye; k'azanga ukulala kwayo nokuvuka kwayo. 36 Njaloke amadodakazi ka Lote omabili a kuleliswa uyise. 37 Eyamazibulo ya zala indodana, ya qamba igama layo ngokuti uMoabe: lo u nguyise wamaMoabe ku ze ku be namhla. 38 Nayo encinyane ya zala indodana, ya qamba igama layo ngokuti uBenami: lo u nguyise waba kwa Amon ku ze ku be namhla.

20 UAbraham w'esuka lapo, wa ya nga sezweni la seNingizimu, wa hlala pakati kweKadeshe neShuri, wa ti gozololo eGerari. 2 Wa s'e ti uAbraham ngaye uSara umkake, u ngudade wetu: uAbimeleki inkosi ya seGerari, wa tuma, wa m tabata uSara. 3 Kepa uNkulunkulu w'eza ku Abimeleki ngepupo lobusuku, wa ti kuye, Bheka, u su file, ngenxa yowesifazana omtabatileyo; ngokuba u ngumfazi womuntu. 4 Kepa uAbimeleki wa e nga ka sondeli kuye: wa ti, Nkosi, u za kusibulala nesizwe esilungileyo na? 5 Angiti u te yena kimi, Lo u ngudade wetu na? naye uqobo lwake wa ti, Lo u ngumne wetu: ngenhliziyo e qoto, na ngezandhla ezimhlope, ngi kwenzile loku. 6 Wa s'e ti uNkulunkulu kuye ngepupo, Yebo ngi y'azi, u kwenze loku ngenhliziyo e qoto; nga ku vimbela mina ukuba u ng'oni kimi: ngakoke a ngi ku vumelanga ukuba u m tinte. 7 Kaloku m buyisele pela lo muntu umkake; ngokuba u ngumprofeti, u ya kukutandazela, u sinde: kodwa uma u nga m buyiseli, yazi ukuti u za kufa nokufa, wena nabo bonke abako.

8 UAbimeleki wa vuka ekuseni nga kusasa, wa biza zonke izinceku zake, wa zi tshela lezi zinto zonke ezindhlebeni zazo: abantu b'esaba kakulu. 9 UAbimeleki wa s'e biza uAbraham, wa ti kuye, yini loku o kwenze kitina na? ng'oneni kuwe, ukuba u lete kimina na sembusweni wami isono esikulu na? u ng'enzele oku nga fanele ukwenziwa. 10 Wa ti uAbimeleki ku Abraham, U boneni, ukuba wenze loku na? 11 Wa ti uAbraham, Ngokuba be ngi ti, Impela ukumesaba uNkulunkulu a kuko ku le ndawo; ba ya kungibulala ngenxa yomkami. 12 Futi iqiniso, u ngudade wetu, indodakazi ka baba, a siyo indodakazi ka mame kodwa; wa ba umkami: 13 kwa ti, lapo uNkulunkulu e ngi susa endhlini ka baba ukuba ngi zule, nga ti kuye, Loku ku isihau o za kungenzela sona: ezindaweni zonke esi ya kufika kuzo, u boti ngami, Lo u ngumne wetu. 14 UAbimeleki wa s'e tabata izimvu nezinkomo, nabantu besilisa, nabantu besifazana, wa mu pa kona uAbraham, wa m buyisela noSara umkake. 15 Wa ti uAbimeleki, Nanti izwe lami li pambi kwako: yaka lapo u tanda kona. 16 Wa ti ku Sara, Bheka, ngi m nikile umne wenu izinhlamvu ezi inkulungwane zesiliva: bheka, ku isimbozo samehlo kubo bonke aba nawe; na kubo bonke u coliwe. 17 UAbraham wa tandaza ku Nkulunkulu: uNkulunkulu wa m pilisa uAbimeleki, nomkake, nabantu bake besifazana; ba se be ya zala. 18 Ngokuba uJehova wa e se vale ngqi zonke izisu zabendhlu ka Abimeleki, ngenxa ka Sara, umka Abraham.

21 UJehova wa m hambelake uSara njengokusho kwake, w'enza uJehova ku Sara njengakushoyo. 2 USara wa kulelwa, wa m zalela uAbraham indodana e se ixegu, nga leso sikati uNkulunkulu a be si shilo kuye. 3 UAbraham wa qamba igama lendodana yake ayizalelwayo, a be m zalele yona uSara, ngokuti uIsaka. 4 UAbraham wa m soka uIsaka indodana yake e se nezinsuku ezi isishiyangalombili, njengaloko a be m yalile ngako uNkulunkulu. 5 UAbraham wa e neminyaka e ikulu, nxa e zalelwa uIsaka indoda-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku xoshwa uHagari noIshmayeli. **Isivumelwano sa seBere-sheba.**

na yake. 6 Wa s'e ti uSara, UNkulunkulu u ng'enzele ukuhleka; bonke ab'ezwayo ba ya kuhleka nami. 7 Wa ti, Ubani owa e nga hle a sho ku Abraham ukuti, uSara u ya kuncelisa abantwana na? ngokuba ngi m zalele indodana e se ixegu.

8 Wa se e kula umntwana, wa lunyulwa: uAbraham w'enza idili elikulu msukwana ku lunyulwa uIsaka. 9 USara wa bona indodana ka Hagari wa sEgipite a be yi zalele uAbraham, i hleka. 10 Wa s'e ti ku Abraham, Si xoshe lesi sigqili nendodana yaso: ngokuba indodana ya lesi sigqili a i yi kudhla ifa kanye nendodana yami uIsaka. 11 Loko kwa ba kubi kakulu emehlweni ka Abraham ngenxa yendodana yake. 12 Wa s'e ti uNkulunkulu ku Abraham, A ku nga bi kubí emehlweni ako ngenxa yomfana, na ngenxa yesigqili sako; kuko konke akushoyo uSara kuwe lalela izwi lake; ngokuba inzalo yako i ya kubizwa ngaye uIsaka. 13 Futi ngendodana yesigqili ngi ya kwenza isizwe, ngokuba i inzalo yako. 14 UAbraham wa vuka ekuseni nga kusasa, wa tabata ukudhla, nemvaba yamanzi, wa yi nika uHagari, e m etwesa ehlombe, nomntwana, wa m mukisa: wa suka, wa zulazula ehlane la seBere-sheba. 15 Kwa ti amanzi a pela emvabeni, wa m ponsa umntwana pansi kwesihlahla. 16 Wa ya, wa hlala malungana naye, ku buqamamana ngangomuju womcibisholo: ngokuba wa ti, Ma ngi nga boni ukufa kwomntwana. Wa hlala malungana naye wa dazuluka, wa kala. 17 UNkulunkulu w'ezwa izwi lomfana; ingelosi ka Nkulunkulu ya memeza uHagari, i sezulwini, ya ti kuye, Hagari, u nani na? u ng'esabi; ngokuba uNkulunkulu u zwile izwi lomfana lapo e kona. 18 Suka, u tabate umfana, u m bambe ngesandhla sako; ngokuba ngi ya kumenza isizwe esikulu. 19 UNkulunkulu wa s'e vula amehlo ake, wa bona umtombo wamanzi; wa ya, wa gcwalisa imvaba ngamanzi, wa m puzisa umfana. 20 Kwa ti uNkulunkulu wa ba na lo mfana, wa kula; wa hlala ehlane, wa ti ngokuti tutu wa ba umcibisheli. 21 Wa hlala ehlane la seParan: unina wa m tabatela umfazi ezweni la sEgipite.

22 Kwa ti nga leso sikati, uAbimeleki, noFikoli induna yempi yake, ba kuluma noAbraham, be ti, UNkulunkulu u nawe kuko konke okwenzayo: 23 ngakoke a k'u funge kimi uNkulunkulu lapa ukuti, a u yi kungikohlisa, mina, nendodana yami, nendodana yendodana yami: kepa njengesihau engi kwenzele sona, u ya kungenzela sona nezwe ote gozololo kulo. 24 Wa ti uAbraham, Ngi za kufunga. 25 Kepa uAbraham wa m sola uAbimeleki ngomtombo wamanzi abawuqwagayo abantu ba ka Abimeleki. 26 Wa ti uAbimeleki, A ng'azi ukuba kwenziwa ubani loku: a u ngi tshelanga wena futi, nami a ngi zwanga ngako, kupela namhla. 27 UAbraham wa tabata izimvu nezinkomo, wa mu pa zona uAbimeleki; b'enza isivumelwano bobabili. 28 UAbraham wa beka odwa amaxukazana a isikombisa omhlambi. 29 Wa ti uAbimeleki ku Abraham, Lawa maxukazana a isikombisa o wa bekile odwa a yini na? 30 Wa ti, Lawa maxukazana a isikombisa u ya kuwatabata esandhleni sami, a be isifakazo sami ukuti, ngi wu mbile lo mtombo. 31 Ngako wa yi qamba leyo ndawo ngokuti iBeresheba; ngokuba ba funga kona bobabili. 32 Njaloke, b'enza isivumelwano eBere-sheba: wa s'esuka uAbimeleki, noFikoli induna yempi yake, ba buyela ezweni lamaFilisti. 33 UAbraham wa s'e tshala umuti wetamariski eBere-sheba, wa teta kona igama li ka Jehova, uNkulunkulu omiyo njalo. 34 UAbraham wa ti gozololo ezweni lamaFilisti izinsuku za ba ziningi.

22 Kwa ti ngasemva kwa lezi zinto, uNkulunkulu wa m vivinya uAbraham, wa ti kuye, Abraham; wa ti, Ngi kona. 2 Wa ti, A k'u tabate indodana yako, indodana e yodwa yako, uIsaka omtandayo, u ye

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UAbraham u lingwa ukuba a nikele ngoIsaka. Ukufa ku ka Sara.

ezweni la seMoriya; u m nikele kona, a be umnikelo oshiswayo kwenye yezintaba, engi za kukutshela yona. 3 Njaloke uAbraham wa vuka ekuseni nga kusasa, wa bopela imbongolo yake, wa tabata abafana bake ababili naye, noIsaka indodana yake; wa banda izinkuni zomnikelo oshiswayo, w'esuka, wa ya ku leyo ndawo uNkulunkulu a m tshela yona. 4 Ngosuku lwesitatu uAbraham wa pakamisa amehlo ake, wa bona indawo i kashana. 5 Wa ti uAbraham ku bafana bake, Hlalani lapa nembongolo, si sa ya lapaya, mina nomfana; si ya kukuleka, si buye si ze kini. 6 UAbraham wa s'e tabata izinkuni zomnikelo oshiswayo wa m etwesa zona uIsaka indodana yake; wa tabata ngesandhla sake umlilo nomese; ba hamba bobabili kanyekanye. 7 UIsaka wa kuluma noAbraham uyise, wa ti, Baba: wa ti, Ngi kona, ndodana yami. Wa ti, Nanku umlilo nezinkuni: po, lipi icwane lomnikelo oshiswayo na? 8 Wa ti uAbraham, UNkulunkulu u ya kuzibonela icwane lomnikelo oshiswayo, ndodana yami: ba hambake bobabili kanyekanye.

9 Ba ya ba fika ku leyo ndawo a m tshela yona uNkulunkulu; uAbraham wa s'e l'aka kona ilati, wa hlela izinkuni, wa m bopa uIsaka indodana yake, wa m beka elatini, pezu kwezinkuni. 10 UAbraham w'elula isandhla sake, wa tabata umese ukùba a bulale indodana yake. 11 Kwa ti ingelosi ka Jehova ya m memeza i sezulwini, ya ti, Abraham, Abraham: wa ti, Ngi kona. 12 Ya ti, Mus'ukubeka isandhla sako ku mfana, u ng'enzi luto kuye; ngokuba manje ngi y'azi ukuti u ya m esaba uNkulunkulu, loku u nga nqabanga nendodana yako kimi, indodana e yodwa yako. 13 UAbraham wa s'e pakamisa amehlo ake, wa buka, nansoke, inqama ngasemva kwake, i bajiwe ehlozini ngezimpondo zayo: uAbraham wa ya wa tabata inqama, wa yi nikela, i be umnikelo oshiswayo esikundhleni sendodana yake. 14 UAbraham wa qamba igama la leyo ndawo ngokuti uJehova-jire: njengokuba ku tiwa na namhla, Entabeni ka Jehova u ya kubonwa. 15 Ingelosi ka Jehova ya buya ya memeza uAbraham ngokwesibili i sezulwini, 16 ya ti, Ngi zifungile, u sho uJehova, ngokuba u kwenzile loku, u nga nqabanga nendodana yako, indodana yako e yodwa, 17 ngi ya kukubusisa nokukubusisa, ngi yandise nokuyandisa inzalo yako, i be ngangezinkanyezi zezulu, na ngangesihlabati esi sogwini lolwandhle; inzalo yako i ya kudhla isango lezita zayo; 18 ngenzalo yako zi za kubusiswa izizwe zonke zomhlaba; ngokuba u lalele izwi lami. 19 UAbraham wa buyela ku bafana bake, b'esuka ba hamba kanyekanye ba ya eBere-sheba; uAbraham wa hlala eBere-sheba.

20 Kwa ti ngasemva kwa lezi zinto, kwa bikwa ku Abraham ukuti, Bheka, uMilka u m zalele uNahori umfo wenu abantwana: 21 uUze izibulo lake, no Buzi umfo wabo, noKemuweli uyise ka Aram, 22 noKesede, noHazo, noPildashi, noJidlafi, noBetuweli. 23 UBetuweli wa zala uRebeka: laba aba isishiyangalombili uMilka wa m zalela bona uNahori, umfo wabo ka Abraham. 24 Nesancinza sake, igama laso nguRuma, naso sa zala uTeba, noGaham, noTahashi, noMahaka.

23 Ukuhamba ku ka Sara kwa ba iminyaka e ikulu neminyaka e ngamashumi amabili nesikombisa: ileyo iminyaka yokuhamba ku ka Sara. 2 Wa fa uSara eKiriyati-arba (eli iHebron) ezweni la kwa Kanan: w'eza uAbraham ukumkalela uSara, nokumlilela. 3 Wa s'esuka uAbraham pambi kwomufi wake, wa kuluma kwaba kwa Heti, e ti, 4 Ngi ngowezizwe note gozololo kini: ngi nikeni indawo i be eyami yokumbela kini, ukuba ngi mbele umufi wami, ngi m sitelise emehlweni ami. 5 Aba kwa Heti ba m pendulake uAbraham, be ti kuye, 6 Si zwe, nkosi yetu; u isikulu si ka Nkulunkulu pakati kwetu: a u mbele umufi wako

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umhume wa seMakapela. **UIsaka u tatelwa uRebeka.**

kwelihle kuwo onke amatuna etu; a kuko muntu kiti o za kukunqabela netuna lake, ukuba u nga mbeli umufi wako. 7 Wa s'esuka uAbraham wa ba kotamela abantu bezwe, aba kwa Heti. 8 Wa kuluma nabo, e ti, Uma ku umqondo wenu ukuba ngi mbele umufi wami ngi m sitelise emehlweni ami, ngi zweni, ni ngi ncengele ku Efron ka Zohari, 9 ukuba a ngi nike umhume wa seMakapela, a nawo, o sekugcineni nezwe lake; a ngi nike wona ngentengo epeleleyo, u be indawo yami yokumbela pakati kwenu. 10 Kepa uEfron wa e hlezi pakati kwaba kwa Heti: uEfron umHiti wa s'e m pendula uAbraham ezindhlebeni zaba kwa Heti, pambi kwabo bonke aba ngena esangweni lomuzi wake, e ti, 11 Ayi, nkosi yami, ngi zwe: lelo lizwe ngi ku nika lona, nomhume o kulo, ngi ku nika wona; emehlweni abantwana babantu ba kiti ngi ku nika wona: mbela umufi wako. 12 UAbraham wa s'e kotama pambi kwabantu bezwe. 13 Wa kuluma ku Efron ezindhlebeni zabantu bezwe, e ti, Kodwa a k'u ngi vumele u zwe: ngi za kukunika intengo yezwe; u yi tabate kimi, ngi mbele kona umufi wami. 14 UEfron wa m pendulake uAbraham, e ti kuye, 15 Nkosi yami ngi zwe: izwe eli lingene namashekeli esiliva a ngamakulu amane, ku yini loko pakati kwami nawe na? mbela pela umufi wako. 16 UAbraham wa m lalelake uEfron; uAbraham wa s'e linganisela uEfron isiliva, a be li shilo ezindhlebeni zaba kwa Heti, amashekeli esiliva a ngamakulu amane, imali eyamkelekayo ku batengi.

17 Kwa qiniswake izwe li ka Efron, ela li seMakapela, ngapambi kweMamre, izwe, nomhume owa u kulo, nemiti yonke eya i sezweni eya i semikaulweni yonke yalo, inxa zonke, 18 ku Abraham ku be okwake, emehlweni aba kwa Heti, pambi kwabo bonke aba ngena esangweni lomuzi wake. 19 Ngasemva kwa loko uAbraham wa mbela uSara umkake emhumeni wa sezweni la seMakapela pambi kweMamre (eli iHebron), ezweni la kwa Kanan. 20 Kwa qiniswake izwe, nomhume o kulo, ku Abraham aba kwa Heti, li be indawo yake yokumbela.

24 UAbraham wa e gugile, e neminyaka emiNingi: uJehova wa e m busisile uAbraham ngako konke. 2 Wa s'e ti uAbraham encekwini yake enkulu yendhlu yake, eya i yinhloko kuko konke a nako, A k'u beke isandhla sako pansi kwetanga lami: 3 ngi za kukufungisa uJehova, uNkulunkulu wezulu, noNkulunkulu womhlaba, ukuti a u yi kuyitabatela indodana yami umfazi ku madodakazi amaKanan, engi hlezi pakati kwawo: 4 kepa u za kuya ezweni lakiti na sezihlotsheni zami, u yi tabatele indodana yami uIsaka umfazi. 5 Ya ti inceku kuye, Mhlaumbe owesifazana a nge vume ukungilandela e ze ku leli zwe: ma ngi yi buyisele indodana yako ezweni owa puma kulo yini na? 6 Wa ti uAbraham kuyo, Xwaya u nga yi buyiseli kona indodana yami. 7 UJehova uNkulunkulu wezulu, owa ngi tabata endhlini ka baba, na sezweni enga zalelwa kulo, owa kuluma nami, owa funga kimi, e ti, Inzalo yako ngi ya kuyinika leli zwe, u ya kutuma ingelosi yake pambi kwako; wo tabatela indodana yami umfazi kona. 8 Kepa uma owesifazana e nga vumi ukukulandela u su ya kuba msulwa ku loku kukufungisa kwami; kodwa u nga yi buyiseli kona indodana yami. 9 Inceku ya beka isandhla sayo pansi kwetanga li ka Abraham inkosi yayo, ya funga kuye nga le nto.

10 Inceku ya tabata amakamelo a ishumi emakamelweni enkosi yayo, ya hamba, i nezinto zonke ezinhle zenkosi yayo esandhleni sayo: y'esuka, ya ya eMesopotamiya, emzini ka Nahori. 11 Ya guqisa amakamelo ngapandhle kwomuzi nga semtonjeni wamanzi, matambama, ngesikati sokupuma kwabesifazana be ya kuka amanzi. 12 Ya se i ti, E Jehova, Nkulunkulu wenkosi yami uAbraham, a k'u ngi hlahlamelise namhla,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UIsaka u tatelwa uRebeka.

u y'enzele isihau inkosi yami uAbraham. 13 Bheka, ngi mi nga semtonjeni wamanzi; amadodakazi abantu bomuzi a puma ukuka amanzi: 14 ma ku ti intombi engi za kusho kuyo ukuti, A ke wetule imbiza yako, ngi puze; i bo ti, Puza, nce ngi wa puzise nawo amakamelo ako: ma ku be iyo oyimiseleyo inceku yako uIsaka; nga loko ngi ya kwazi ukuti, u y'enzele inkosi yami isihau. 15 Kwa ti, i nga ka qedi ukukuluma, nangoke, uRebeka e puma, owa zalelwa uBetuweli ka Milka, umka Nahori, umfo wabo kaAbraham, e twele imbiza ehlombe. 16 Intombazana ya inhle i bukeka, intombi, e nga yanga indoda kuyo: y'ehlela emtonjeni, ya gcwalisa imbiza yayo, y'enyuka. 17 Inceku ya gijima ukuyihlangabeza, ya ti, A k'u ngi puzise amanzana embizeni yako. 18 Ya ti, Puza, nkosi yami: ya shesha, y'etula imbiza yayo esandhleni sayo, ya yi puzisa. 19 Se i qedile ukuyipuzisa, ya ti, Ngi za kuwakelela nawo amakamelo ako, a ze a qede ukupuza. 20 Ya shesha, ya tululela imbiza yayo emkombeni, ya gijima, ya ya emtonjeni futi ukuka, ya kelela amakamelo onke ake. 21 Wa s'e yi bhekisisa lo muntu, e tule, kona e za kwazi uma uJehova u hlanhlazelisile ukuhamba kwake yini na. 22 Kwa ti, e se qedile ukupuza amakamelo, lo muntu wa tabata icici legolide, isilinganiso salo si inxenye yeshekeli, namasongo amabili ezandhla zayo, isilingananiso sawo si ngamashekeli egolide a ishumi, 23 wa ti, U indodakazi ka bani na? A k'u ngi tshele. I kona indawo endhlini ka yihlo ukuba si lale na? 24 Ya ti kuye, Ngi indodakazi ka Betuweli ka Milka, a m zalela yona uNahori. 25 Ya buya ya ti kuye, Si notshani nokudhla kwezilwane ku ningi, nayo indawo yokulala. 26 Lo muntu wa s'e kotamisa ikanda lake wa kuleka ku Jehova. 27 Wa ti, A ku bongwe uJehova uNkulunkulu wenkosi yami uAbraham, o nga yekile ukwenzela inkosi yami isihau sake neqiniso lake: minake, uJehova u ngi hole endhlelen, wa ngi yisa endhlini yabafo wabo benkosi yami.

28 Ya se i gijima intombi, ya ya ya bikela indhlu ka nina njenga lawa mazwi. 29 URebeka wa e nomne wabo, igama lake nguLaban: uLaban wa puma wa gijima wa ya ku lo muntu emtonjeni. 30 Wa ti ukubona icici, namasongo ezandhleni zi ka dade wabo, nokuzwa amazwi ka Rebeka udade wabo, e ti, U te wa ti lo muntu kimi; wa ya ku lo muntu; bheka wa e mi emakamelweni emtonjeni. 31 Wa ti, Ngena, wena o busisiwe uJehova; u melani ngapandhle na? se ngi lungisile indhlu, nendawo yamakamelo. 32 Wa s'e ngena endhlini lo muntu, wa kumula amakamelo; wa m nika utshani nokudhla kwamakamelo, namanzi okugeza izinyawo zake, nezinyawo zabantu aba naye. 33 Kwa se ku bekwa pambi kwake ukuba a dhle: kepa wa ti, A ngi z'ukudhla, ngi nga ka biki indaba yami. Wa ti, Kulumake. 34 Wa ti, Ngi inceku ka Abraham. 35 UJehova u yi busisile kakulu inkosi yami; i kulile: u yi nikile izimvu nezinkomo, isiliva negolide, nabantu besilisa nabesifazana, namakamelo, nezimbongolo. 36 USara umka nkosi yami, e se gugile, wa yi zalela inkosi yami indodana: i yi nike konke e nako. 37 Ku te inkosi yami ya ngi fungisa, i ti, U nga tabateli indodana yami umfazi emadodakazini amaKanan, engi hlezi ezweni lawo: 38 kepa u ya kuya endhlini ka baba, na sezihlotsheni zami, u yi tabatele indodana yami umfazi. 39 Nga ti enkosini yami, Ingabe owesifazana ka yi kungilandela. 40 Ya ti kimi, UJehova engi hamba pambi kwake, u ya kutuma ingelosi yake nawe, a hlanhlazelise ukuhamba kwako; u ya kutabatela indodana yami umfazi ezihlotsheni zami, na sendhlini ka baba: 41 wo ti u fika ezihlotsheni zami, u su ya kuba msulwa esifungisweni sami; uma be nga ku niki intombi, u su ya kuba msulwa esifungisweni sami. 42 Ngi fike emtonjeni namhla, nga ti, E Jehova, Nkulunku-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

lu wenkosi yami uAbraham, nxa kaloku u hlanhlazelisa ukuhamba engikuhambayo: **43** bheka, se ngi mi nga semtonjeni wamanzi; ma ku ti, intombazana e puma ukuka, engi za kuti kuyo, A k'u ngi puzise amanzana embizeni yako; **44** i ti kimi, Puza wena, nce ngi kelele nawo amakamelo ako: yona ma i be owesifazana uJehova a m misele indodana yenkosi yami. **45** Ku te ke ngi nga ka qedi ukukuluma enhliziyweni yami, nango, uRebeka e puma e twele imbiza yake ehlombe; w'ehlela emtonjeni, w'aka: nga ti kuye, A k'u ngi puzise. **46** Wa s'e shesha, w'etula imbiza yake ehlombe lake; wa ti, Puza, ngi za kuwapuzisa namakamelo ako: nga puzake, wa puzisa nawo amakamelo. **47** Nga se ngi m buza, nga ti, U indodakazi ka bani na? Wa ti, Ngi indodakazi ka Betuweli, ka Nahori, a m zalela yona uMilka: nga se ngi m faka icici ekaleni, namasongo ezandhleni zake. **48** Nga kotamisa ikanda, nga kuleka ku Jehova, nga m bonga uJehova, uNkulunkulu wenkosi yami uAbraham, o be ngi hola endhleleni e yonayona ukuba ngi tabatele indodana yayo indodakazi yomfo wabo wenkosi yami. **49** Kalokuke uma ni tanda ukuyenzela inkosi yami isihau neqiniso ngi tsheleni: noma ku nge njalo ngi tsheleni; ukuba ngi pendukele nga kwesokunene, na nga kwesokohlo.

50 Ba se be pendula oLaban noBetuweli ba ti, I vela ku Jehova le nto: si nge kulume kuwe okubi nokuhle. **51** Nangu uRebeka pambi kwako, m tabate, u hambe, a be umka ndodana yenkosi yako, njengaloko akushiloyo uJehova. **52** Ya ti ukuzwa amazwi abo, inceku ka Abraham ya kotamela pansi ku Jehova. **53** Inceku ya se i kipa izimpahla zesiliva, nezimpahla zegolide, nezingubo, ya zi nika uRebeka: ya pa nomne wabo nonina amagugu. **54** Ba se be dhla, ba puza, yona nabantu aba nayo, ba lala; ba vuka ekuseni nga kusasa, ya ti, Ngi mukiseni, ngi ye enkosini yami. **55** Umne wabo nonina ba ti, A ke i hlale nati intombazana izinsukwana, mhlaumbe zi be ishumi;. and'uba i hambe. **56** Ya ti kubo, Musan'ukungibambezela, loku uJehova u hlanhlazelisile ukuhamba kwami; ngi mukiseni ukuba ngi ye enkosini yami. **57** Ba ti, si za kuyibiza intombazana, si buze emlonyeni wayo. **58** Ba se be m biza uRebeka, ba ti kuye, U za kuhamba na lo muntu na? Wa ti, Ngi za kuhamba. **59** Ba se be m mukisa uRebeka udade wabo, nomzanyana wake, nenceku ka Abraham nabantu bayo. **60** Ba m busisa uRebeka, ba ti kuye, Dade wetu, ma u be aba izinkulungwane zamatshe, inzalo yako a i dhle isango labayizondayo.

61 W'esuka uRebeka nezintombi zake, ba kwela emakamelweni, ba m landela umuntu lowo: inceku ya m tabata uRebeka, ya hamba. **62** UIsaka w'eza e vela ngendhlela ya seBere-lahayi-royi; ngokuba wa e hlala ezweni la seNingizimu. **63** Kwa ti uIsaka wa puma la ku swelela wa ya ukuzindhla nga sendhle: wa pakamisa amehlo ake, wa bona, nankoke, amakamelo e za. **64** URebeka naye wa pakamisa amehlo ake, wa ti ukumbona uIsaka w'ehla ekamelweni. **65** Wa ti encekwini, Ubani lo muntu o hamba endhle e si hlangabeza na? Ya ti inceku, Yinkosi yami: wa s'e tabata ulwembu lwake, wa zigubuzela. **66** Inceku ya m tshela uIsaka konke e bi kwenzile. **67** UIsaka wa m ngenisa etenteni li ka nina uSara, wa m tabata uRebeka, wa ba umkake; wa m tanda: uIsaka wa duduzeka emva kwokufa ku ka nina.

25 UAbraham wa tabata omunye umfazi, igama lake nguKetura. **2** Wa m zalela uZimran, noJokeshan, noMedan, noMidiyan, noIshbaki, noShuwa. **3** UJokeshan wa zala uSheba, noDedan. Amadodana ka Dedan a be uAshurim, noLetushim, noLewumim. **4** Amadodana ka Midiyan: uEfa, noEferi, noHanoki, noAbida, noElda. Onke lawo a ngabantwana ba ka Ketura. **5** UAbraham wa m nika uIsaka konke a nako. **6** Kepa amadodana ezancinza uAbraham a e

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nazo, uAbraham wa wa nika izipo, wa wa mukisa ku Isaka, indodana yake, e se kona yena, a ya nga sempumalanga ezweni la sempumalanga. 7 Yilezi izinsuku zeminyaka yokuhamba ku ka Abraham, azihambayo, iminyaka e ikulu neminyaka e ngamashumi a isikombisa a nesihlanu. 8 UAbraham wa gqabuka, wa fa e se ingwevu, umuntu omdala, e se pelele, w'elekelwa ku bantu ba kubo. 9 Amadodana ake, uIsaka noIshmayeli, a m mbela emhumeni wa seMakapela, ezweni li ka Efron ka Zohari, umHiti, eli ngapambi kweMamre; 10 izwe uAbraham a li tenga kwaba kwa Heti: kwa mbelwa kona uAbraham noSara umkake. 11 Kwa ti emva kwokufa ku ka Abraham, uNkulunkulu wa m busisa uIsaka indodana yake: uIsaka wa hlala nga seBere-lahayi-royi.

12 Nantu uzalo lu ka Ishmayeli ka Abraham, uHagari wa sEgipite isigqili si ka Sara, a m zalela uAbraham: 13 yilawa amagama amadodana ka Ishmayeli, ngamagama awo, ngezizukulwane zawo: izibulo li ka Ishmayeli, uNebayoti; noKedare, noAdebele, noMibesam, 14 noMishma, noDuma, noMasa, 15 noHadadi, noTema, noJeturi, noNafishi, noKedema: 16 yilawa amadodana ka Ishmayeli, lawa a ngamagama awo, ngemizana yawo na ngezinqaba zawo; izikulu ezi ishumi nambili ngezizwe zazo. 17 Yile iminyaka yokuhamba ku ka Ishmayeli, iminyaka e ikulu neminyaka e ngamashumi amatatu nesikombisa: wa gqabuka, wa fa, w'elekelwa ku bantu ba kubo. 18 B'aka kwa Havila, kwa za kwa fika eShuri, eli ngapambi kwEgipite, nxa ku yiwa eAsiriya: wa hlala e bhekene nabafo wabo bonke.

19 Nantu uzalo lu ka Isaka ka Abraham: uAbraham wa zala uIsaka: 20 uIsaka wa e neminyaka e ngamashumi amane msukwana e m tabata uRebeka, indodakazi ka Betuweli owa seSiriya wa sePadan-aram, udade wabo ka Laban owa seSiriya, a be umkake. 21 UIsaka wa m ncenga uJehova ngomkake, ngokuba wa e inyumba: uJehova wa ncengeka ngaye; uRebeka umkake wa kulelwa. 22 Ba ti abantwana ba qubushana pakati kwake; wa ti, Uma ku njalo, po, ngi pileleni? Wa ya kubuza ku Jehova. 23 Wa ti kuye uJehova,

Zi kona esiswini sako izizwe ezimbili;
Ku ya kwahlukana ezibilinini zako izinhlobo ezimbili zabantu;
Olunye lu ya kuba namandhla kunolunye;
Omkulu u ya kukonza omncane.

24 Kwa ti se ku pelele izinsuku zake zokubeleta, nanko amawele a e sesiswini sake. 25 Wa puma owokuqala e bomvu, e njengengubo yoboya umzimba wonke; ba qamba igama lake ngokuti uEsau. 26 Ngasemva kwa loko wa puma umfo wabo, isandhla sake si bambe isitende si-ka Esau; igama lake la tiwa uJakobe: uIsaka wa e neminyaka e ngamashumi a isitupa ekubazaleni kwake.

27 Ba kula abafana: uEsau wa e ingcweti yepisi, umuntu wasendhle; uJakobe wa e ibeka e hlala emateteni. 28 Ayike uIsaka wa m tanda uEsau, ngokuba wa e dhla inyamazane yake: uRebeka wa tanda uJakobe. 29 Kwa ti uJakobe wa peka ukudhla; wa fika uEsau e vela endhle, e se yetile: 30 wa ti uEsau ku Jakobe, A ke u ngi pe ngi dhle loko okubomvu, ngokuba se ngi yetile: ngako igama lake la tiwa uEdom. 31 Wa s'e ti uJakobe, Ngi tengele kuqala ngelungelo lobuzibulo bako. 32 Wa ti uEsau, Naku se ngi zo kufa: bo ngi zuzelani ubuzibulo na? 33 Wa s'e ti uJakobe, Funga kimi kuqala; wa funga kuye: wa m tengela uJakobe ngobuzibulo bake. 34 UJakobe wa s'e mu pa uEsau isinkwa, nokudhla kwembumba; wa dhla, wa puza, w'esuka, wa hamba: uEsau wa delela ubuzibulo bake.

26 Kwa ku kona indhlala ezweni ngapandhle kwendhlala yokuqala eya i kona emihleni ka Abraham. UIsaka wa s'e ya eGerari, ku Abimeleki inkosi yamaFilisti. 2 Wa

Digitized by
Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UAbraham u hlala eGerari. U kohlisa uAbimeleki. Imitombo.

s'e bonakala kuye uJehova, wa ti, Musa ukwehlela Egipite; yaka ezweni engi za kukutshela lona: **3** wo ti gozololo ku leli zwe; ngi ya kuba nawe, ngi ku busise; ngokuba ngi ya kukunika wena nenzalo yako onke lawa mazwe, ngi qinise isifungo, enga si funga ku Abraham uyihlo; **4** ngi ya kwandisa inzalo yako, i be ngangezikanyezi zezulu, ngi nike inzalo yako onke lawa mazwe; ngenzalo yako zi ya kubusiswa izizwe zonke zomhlaba; **5** ngokuba uAbraham wa lalela izwi lami, wa londa isilondolozelo sami, nemiyalo yami nezimiso zami, nemiteto yami. **6** UIsaka wa hlala eGerari: **7** abantu ba leyo ndawo ba m buza ngomkake; wa ti, U ngudade wetu: ngoba w'esaba ukuti, Ngumkami, e ti, funa abantu ba le ndawo ba ngi bulale ngenxa ka Rebeka; ngokuba wa e muhle e bukeka. **8** Kwa ti se ku kade a hlala kona, uAbimeleki, inkosi yamaFilisti, wa lunguza ngesibuko, wa bona, nangu uIsaka e feketa no-Rebeka umkake. **9** UAbimeleki wa s'e m biza uIsaka, wa ti, Hau impela u umkako lo: u sholoni, u ti, U ngudade wetu? Wa ti uIsaka kuye, Yingokuba nga ti, Funa ngi fe ngenxa yake. **10** Wa ti uAbimeleki, Ku yini loku okwenzileyo kitina na? be ku nga ze umuntu a lale nomkako, u be u su si bangela icala. **11** UAbimeleki wa yala abantu bonke, e ti, Lowo o za kumtinta lo muntu nomkake u ya kubulawa nokubulawa.

12 UIsaka wa s'e hlwanyela ku lelo zwe, wa tola nga lowo mnyaka oku pindwe kwa ba ikulu: wa m busisake uJehova. **13** Lo muntu wa kula njalo, wa ya ngokuya ngokukula wa za wa ba mkulu kakulu: **14** wa e nemfuyo yezimvu nemfuyo yezinkomo, nabomuzi abaningi: amaFilisti a m fela umona. **15** Kwa ku te imitombo yonke abayimbayo abantu ba ka yise, emihleni ka Abraham uyise, amaFilisti a yi vimba, a yi gqiba ngomhlabati. **16** Wa s'e ti uAbimeleki ku Isaka, Suka kitina; ngokuba u namandhla kakulu kunati. **17** UIsaka wa buya w'emba imitombo yamanzi, aba be yi mbile emihleni ka Abraham uyise; ngokuba amaFilisti a be yi vimbile ngasemva kwokufa ku ka Abraham: wa yi biza ngamagama awaqambayo uyise. **19** Kwa ti abantu ba ka Isaka b'emba esihlanjeni, ba fumana kona umtombo wamanzi apetuzayo. **20** Kepa abalusi ba seGerari ba pikisana nabalusi ba ka Isaka, be ti, Awetu la manzi: wa s'e qamba igama lomtombo ngokuti iEseke, ngokuba ba pikisana naye. **21** Ba buya b'emba omunye umtombo, ba wu banga na lowo futi: wa qamba igama lawo ngokuti iSitena. **22** W'esuka lapo, wa buya w'emba omunye umtombo; a ba wu banganga lowo: wa qamba igama lawo ngokuti iRehoboti; wa ti, Ngokuba uJehova u s'enzele indawo kaloku, si ya kuti si cunywe ezweni.

23 Wa kupukake lapo, wa ya eBere-sheba. **24** Nga lobo busuku uJehova wa bonakala kuye, wa ti, Ngi nguNkulunkulu ka Abraham uyihlo: u ng'esabi, ngokuba ngi nawe, ngi ya kukubusisa, ngi y'andise inzalo yako ngenxa ka Abraham inceku yami. **25** W'aka ilati kona, wa teta igama li ka Jehova, wa misa kona itente lake; abantu ba ka Isaka b'emba kona umtombo.

26 UAbimeleki wa s'e ya kuye e vela eGerari, noAhuzati isihlobo sake, noFikoli induna yempi yake. **27** Wa ti uIsaka kubo, Ni zeleni kimi, loku ni ya ngi zonda, ni ngi mukisile kini na? **28** Ba ti, Se si bonile nokubona ukuti uJehova u nawe: sa ti, Ma si be kona isifungo pakati kwetu, tina nawe, a s'enze isivumelwano nawe, **29** sokuti a u yi kusenzela okubi, loku si nga ku tintanga, loku si kwenzele okuhle kupela, sa ku mukisa ngokutula: kaloku u busisiwe nguJehova. **30** Wa b'enzela idili, ba dhla ba puza. **31** Ba vuka ekuseni nga kusasa ba fungisana: uIsaka wa ba mukisa, ba hamba kuye ngokutula. **32** Kwa ti nga lolo suku abantu

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Abafazi ba ka Esau. UJakobe wapuca uEsau isibusiso.

ba ka Isaka ba fika ba m tshela ngomtombo abawumbileyo, ba ti kuye, Si wa fumanisile amanzi. **33** Wa wu biza ngokuti, iShiba: ngako igama lomuzi li tiwa iBere-sheba, ku ze ku be namhla.

34 Kwa ti uEsau e se neminyaka e ngamashumi amane wa tabata umfazi, uJuditi ka Beri, umHiti, noBasemati ka Elon umHiti: **35** ba be usizi enhliziyweni ka Isaka noRebeka.

27 Kwa ti ke uIsaka e se mdala, amehlo ake e se fipele e nga sa boni, wa m biza uEsau indodana yake enkulu, wa ti kuye, Ndodana yami: wa ti kuye, Ngi kona. **2** Wa ti, Bhekake, se ngi mdala, a ngi lwazi usuku lokufa kwami. **3** A ke u tabate kaloku izikali zako, umgodhlo wako, nomnsalo wako, u ye endhle u ngi zingelele inyamazane; **4** u bu su ng'enzela isilovela engisitandayo, u si lete kimi, ngi dhle; ikona inhliziyo yami i ya kukubusisa ngi nga ka fi.

5 Kepa uRebeka w'ezwa lapo uIsaka e kuluma noEsau indodana yake. Wa s'e ya endhle uEsau ukuba a zingele inyamazane, a yi lete. **6** URebeka wa s'e kuluma noJakobe indodana yake, e ti, Bheka, ngi zwile uyihlo e kuluma noEsau umne wenu, e ti, **7** Ngi letele inyamazane, u ng'enzele isilovela, ngi dhle, ngi ku busise pambi ku ka Jehova, ngi nga ka fi. **8** Ngakoke ndodana yami, lalela izwi lami nga loku engi ku yalela kona. **9** Hamba pela u ye emhlambini, u ngi tatele kuwo amacwane amabili ezimbuzi, amahle; ng'enzele uyihlo ngawo isilovela njeng'akutandayo: **10** u ya kusiyisa ku yihlo, a dhle, ikona e ya kukubusisa, e nga ka fi. **11** Wa ti uJakobe ku Rebeka unina. Bheka, uEsau umne wetu, u ngumuntu o ihwanqa, mina ngi ngumuntu o ucwata. **12** Mhlaumbe ubaba u ya kungipumputa, ngi be ng'okohlisayo emehlweni ake; ngi ya kuziletela isiqalekiso ku nga bi isibusiso. **13** Wa ti unina kuye, A si be pezu kwami isiqalekiso sako, ndodana yami; lalela pela izwi lami, hamba u ye kungitatela wona. **14** Wa ya, wa wa tabata, wa wa leta ku nina: unina w'enza isilovela njeng'akutandayo uyise. **15** URebeka wa s'e tata izingubo ezinhle zi ka Esau, indodana yake enkulu, eza zi kuye endhlini, wa m ambatisa zona uJakobe indodana yake encane; **16** wa m nqwambisa izikumba zamacwane ezimbuzi ezandhleni, na sebucwateni bentamo: **17** wa nikela esandhleni si ka Jakobe indodana yake isilovela nesinkwa asenzileyo.

18 Wa s'e fika ku yise, wa ti, Baba; wa ti, Ngi kona; u ngubani wena ndodana yami? **19** Wa ti uJakobe ku yise, Ngi nguEsau, izibulo lako; ng'enzile njengokusho kwako kimi: a k'u vuke, u hlale u dhle inyamazane yami, ikona inhliziyo yako i ya kungibusisa. **20** Wa ti uIsaka endodaneni yake, Kwenziwe yini ukuba u sheshe kangaka ukuyitola, ndodana yami? Wa ti, Ngokuba uJehova uNkulunkulu wako u ngi hlahlamelisile. **21** Wa s'e ti uIsaka ku Jakobe, A k'u sondele ngi ku pumpute, ndodana yami, ukuba u nguEsau indodana yami uqobo yini na. **22** Wa s'e sondela uJakobe ku Isaka uyise; wa m pumputa, wa ti, Leli pimbo li ipimbo li ka Jakobe, kepa izandhla zi izandhla zi ka Esau. **23** Ka m azanga ngokuba izandhla zake za zi nobuhwanqa njengezandhla zi ka Esau umne wabo: wa s'e m busisake. **24** Wa ti ke, U nguEsau indodana yami uqobo na? Wa ti, Ngi nguye. **25** Wa s'e ti, Yi sondeze kimi, ngi dhle inyamazane yendodana yami, yikona inhliziyo yami i ya kukubusisa. Wa se yi sondeza kuye, wa dhla: wa m letela iwayini, wa puza. **26** Wa s'e ti uIsaka uyise kuye, A k'u sondele, u n'gange, ndodana yami. **27** Wa sondela, wa m anga: w'ezwa ipunga lezingubo zake, wa m busisa, wa ti,

Bheka, ipunga lendodana yami
Li njengepunga lezwe a li busisile uJehova:
28 Ka ku pe uNkulunkulu okwombete wezulu,
Nokwamanoni omhlaba.
Nenala yamabele newayini:

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UEsau u jabile; u ya m zonda uJakobe. UJakobe u ya ePadan.

29 Abantu a ba ku konze,
Izizwe zi ku kotamele:
U be inkosi yabafo wenu,
Amadodana ka nyoko a ku kotamele:
U ya kuqalekiswa okuqalekisayo,
U ya kubusiswa okubusisayo.

30 Kwa t'uba a qede uIsaka ukumbusisa uJakobe, uJakobe e sa ti sulu ebusweni bu ka Isaka uyise, wa fika uEsau umne wabo, e vela ekuzingeleni kwake. 31 Wa se enza naye isilovela, wa si leta ku yise, wa ti ku yise, Ka vuke ubaba, a dhle inyamazane yendodana yake, yikona inhliziyo yako i ya kungibusisa. 32 Wa ti uIsaka uyise kuye, U ngubani wena? Wa ti, Ngi indodana yako, izibulo lako, uEsau. 33 Wa s'e tutumela uIsaka ngokututumela okukulu kakulu, wa ti, Po umupi o zingele inyamazane, wa yi leta kimi, nga dhla kuko konke u nga ka fiki, nga m busisa? yebo u ya kubusiswa. 34 Wa ti uEsau ukuzwa amazwi ka yise, wa kala ngokukala oku lusizi kakulu, wa ti ku yise, Au baba, ngi busise nami futi. 35 Wa ti, Ku fike umfo wenu ngobuqili, wa si tabata isibusiso sako. 36 Wa ti, Angiti li qanjiwe kahle igama lake ngokuti uJakobe na? u ngi ketulile kabili: wa tabata ubuzibulo bami; bheka, manje u se tabatile isibusiso sami. Wa ti, A u ngi godhlelanga isibusiso na? 37 Wa pendula, wa ti uIsaka ku Esau, Bheka, ngi m bekile a be inkosi yako, ngi m nikile abafo wabo bonke ba be abantu bake; ngi m pasile ngamabele newayini: se ngi za kukwenzelani ndodana yami na? 38 Wa s'e ti uEsau ku yise, Au baba, u nesibusiso sinye njena na? a k'u ngi busise nami futi, baba. Wa s'e dazuluka uEsau, wa kala. 39 UIsaka uyise wa pendula, wa ti kuye,

Bheka, ukuhlala kwako ku ya kuba semanonini omhlaba,
Na sembeteni wezulu o vela ngapezulu;

40 U ya kupila ngenkemba yako, u m konze umfo wenu;
Ko ti u su dhlubulunda
U ya kulapula ijokwe lake entanyeni yako.

41 UEsau wa m zonda uJakobe ngenxa yesibusiso uyise a m busise ngaso: wa ti uEsau enhliziyweni yake, Izinsuku zokulilela ubaba se zi sondele; ngi ya kumbulala uJakobe umfo wetu. 42 URebeka wa bikelwa amazwi ka Esau indodana yake enkulu; wa tuma wa biza uJakobe indodana yake encane, wa ti kuye, Bheka, uEsau umne wenu u ziduduza ngawe, u ti u ya kukubulala. 43 Ngakoke, ndodana yami, a k'u lalele izwi lami; suka, u balekele ku Laban umne wetu, kwa Haran; 44 u hlale naye izinsukwana ku ze ku bohle ukufuteka kwomne wenu; 45 ku ze ku bohle ulaka lomne wenu ngawe, a kohlwe iloko okwenzileyo kuye: be se ngi tuma ngi ku lande kona: ngi ya kwamukwa nina nobabili ngosuku lunye ngani na?

46 Wa s'e ti uRebeka ku Isaka, Ngi diniwe ukupila kwami ngenxa yamadodakazi ka Heti: nxa uJakobe e tabata umfazi ku madodakazi ka Heti, o njenga lawa madodakazi a leli zwe, ukupila kwami ku ya kuba yini kimi?

28 1 UIsaka wa s'e biza uJakobe, wa m busisa, wa m yala, wa ti kuye, U nga tabati umfazi ku madodakazi a kwa Kanan. 2 Suka, u ye ePadan-aram, endhlini ka Betuweli, uyise ka nyoko; u zitabatele kona umfazi ku madodakazi ka Laban umne wabo ka nyoko. 3 UNkulunkulu uSomandhla, a ku busise, a ku cumise, a kwandise u be ibandhla lezizwe; 4 a ku nike isibusiso si ka Abraham, wena nenzalo yako; ukuba u dhle ifa lezwe ote gozololo kulo, uNkulunkulu a m nika lona uAbraham. 5 UIsaka wa s'e m mukisa uJakobe: wa ya ePadan-aram, ku Laban ka Betuweli owa seSiriya, umne wabo ka Rebeka, unina ka Jakobe no-Esau.

6 Ayike uEsau wa bona ukuti uIsaka u m busisile uJakobe wa m yisa ePadan-aram, ukuba a tabate kona umfazi; nokuti u t'e m busisa, wa m yala, e ti, U nga tabati umfazi ku

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

madodakazi a kwa Kanan; 7 nokuti uJakobe wa lalela uyise nonina, wa ya ePadan-aram: 8 uEsau wa bona futi ukuti amadodakazi a kwa Kanan mabi emehlweni ka Isaka uyise; 9 wa s'e ya uEsau ku Ishmayeli, wa tabata uMahalati ka Ishmayeli, ka Abraham, udade wabo ka Nebayoti, a be umkake kanye na omkake a e se nabo.

10 Kwa ti ke uJakobe wa puma eBere-sheba, wa ya nga kwa Haran. 11 Wa fika endaweni etile, wa ngenisa kona, ngokuba kwa se ku shone ilanga; wa tabata elinye lamatshe a leyo ndawo, wa li beka pansi kwekanda lake, wa lala ku leyo ndawo. 12 Wa pupake; nasi, isikwelo si misiwe emhlabeni, isihloko saso si finyelele ezulwini; nazi izingelosi zi ka Nkulunkulu z'enyuka z'ehla ngaso. 13 Nangu uJehova e mi ngapezu kwaso, wa ti, Ngi nguJehova uNkulunkulu ka Abraham uyihlo, noNkulunkulu ka Isaka: leli zwe o lele kulo, ngi ya kukunika lona, nenzalo yako; 14 inzalo yako i ya kuba ngangotuli lomhlaba; u ya kusabalalela entshonalanga, na sempumalanga, na senyakato, na seningizimu: ngawe na ngenzalo yako i ya kubusiswa imindeni yonke yomhlaba. 15 Bheka, ngi nawe, ngi ya kukulondoloza kuko konke ukuhamba kwako, ngi ku buyisele ku leli zwe; ngokuba a ngi yi kukushiya ngi nga ka kwenzi loko engi ku shilo kuwe. 16 Wa s'e papama uJakobe ebutongweni bake, wa ti, Nembala uJehova u ku le ndawo, be ngi ng'azi. 17 W'esaba, wa ti, Le ndawo i yesabeka kangaka! a sik'okumbe, indhlu ka Nkulunkulu, yisango lezulu.

18 Wa s'e vuka uJakobe ekuseni nga kusasa, wa tabata itshe a be li beke pansi kwekanda lake wa li misa li be insika, wa tela amafuta esihlokweni salo. 19 Wa s'e qamba igama la leyo ndawo ngokuti iBeteli: kepa kuqala igama lomuzi kwa ku tiwa iLuze. 20 UJakobe wa tembisa ngesitembiso, e ti, Uma uNkulunkulu e ya kuba nami, a ngi londoloze ku le ndhlela engi hamba ngayo, a ngi pe ukudhla kwokudhliwa, nezingubo zokwambata, 21 ngi ze ngi buyele ngobuhle endhlini ka baba, uJehova u se ya kuba uNkulunkulu wami: 22 leli tshe, engi li mise la insika, li ya kuba indhlu ka Nkulunkulu: na kuko konke, o ya kunginika kona, impela ngo nikela okweshumi kuwe.

29 UJakobe wa s'e hamba, wa ya wa fika ezweni laba sempumalanga. 2 Wa bheka, nanko umtombo endhle, nakuya, ku butise nga kuwo imihlambi emitatu yezimvu; ngokuba ku lowo mtombo ba be puzisa imihlambi: kepa itshe ela li semlonyeni womtombo la li likulu. 3 Kwa ku butana kona imihlambi yonke: ba li gingqe itshe ba li suse emlonyeni womtombo, ba puzise izimvu, ba li buyisele itshe emlonyeni womtombo endaweni yalo. 4 Wa s'e ti kubo uJakobe, Bakiti, ni pumapi na? Ba ti Si ngaba kwa Haran. 5 Wa ti kubo, Ni ya m azi uLaban ka Nahori na? Ba ti, Si ya m azi. 6 Wa ti kubo, U hlezi kahle na? Ba ti, U hlezi kahle: nangu uRatsheli indodakazi yake e za nezimvu. 7 Wa s'e ti, Bhekani, ku se imini enkulu, a siso isikati sokuba zi buyiswe izinkomo: zi puziseni izimvu, ni ye ni zi hxabise. 8 Ba ti, Si ng'enze njalo i nga ka qoqwa imihlambi yonke, ba ze ba gingqe itshe ba li suse emlonyeni womtombo; be se si puzisa izimvu. 9 Kwa ti e sa kuluma nabo, wa fika uRatsheli nezimvu zi ka yise ngoba wa e z'alusa. 10 Wa ti ke uJakobe ukubona uRatsheli indodakazi ka Laban, umne wabo ka nina, nezimvu zi ka Laban, umne wabo ka nina, wa sondela uJakobe, wa gingqa itshe wa li susa emlonyeni womtombo, wa zi puzisa izimvu zi ka Laban, umne wabo ka nina. 11 UJakobe wa s'e m anga uRatsheli, wa dazuluka, wa kala. 12 UJakobe wa s'e m tshela uRatsheli ukuti u ngumfo wabo ka yise, nokuti u indodana ka Rebeka: wa s'e gijima, wa ya wa tshela uyise.

13 Kwa ti, uLaban e se zwile inda-

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ba ka Jakobe indodana ka dade wabo, wa gijima wa ya kumhlangabeza, wa m gona, wa m anga, wa m ngenisa endhlini yake. Wa s'e m tshela uLaban lezi zinto zonke. **14** Wa ti kuye uLaban, Impela u itambo lami, nenyama yami. Wa hlala naye inyanga yanye. **15** Wa s'e ti uLaban ku Jakobe, Ngokuba u ngumfo wetu u za kungisebenzela ngeze na? ngi tshele umvuzo wako u za kuba ini? **16** ULaban wa e namadodakazi amabili: igama lenkulu nguLeya, igama lencane nguRatsheli. **17** Amehlo ka Leya a e butakataka; kepa uRatsheli wa e umbakabaka, e bukeka. **18** UJakobe wa m tanda uRatsheli; wa ti, Ngi za kukusebenzela ngendodakazi yako encane, uRatsheli, iminyaka e isikombisa. **19** Wa ti uLaban, Kuhle ngi ku nike yena, kunokuba ngi m yise kwenye indoda: hlala nami. **20** UJakobe wa m sebenzelake uRatsheli iminyaka e isikombisa; kwa kungati izinsukwana nje kuye, ngenxa yokumtanda kwake.

21 Wa s'e ti uJakobe ku Laban, Zi pelile izinsuku zami; ngi nike umkami, ukuba ngi ye kuye. **22** ULaban wa s'e buta abantu bonke ba leyo ndawo, w'enza idili. **23** Kwa ti kusihlwa wa tabata uLeya indodakazi yake, wa m yisa kuye; wa ya kuye. **24** ULaban wa m nika uLeya indodakazi yake uZilipa esake isigqili, ukuba a be isigqili sake. **25** Kwa ti ekuseni, kanti, nguLeya: wa s'e ti ku Laban, Ku yini loku o kwenze kimina na? a ngi sebenzanga kuwe ngenxa ka Ratsheli na? po u ngi kohliseleni na? **26** Wa ti uLaban, A kwenziwa njalo kiti, ukuba si qale s'endise omncane ngapambili kwowamazibulo. **27** A k'u qede isonto la lona, kona si ya kukunika omunye naye ngomsebenzi o ya kuwusebenza kimi futi eminye iminyaka e isikombisa. **28** W'enze njalo uJakobe, wa qeda isonto lake: wa s'e m nika uRatsheli indodakazi yake, a be umkake. **29** ULaban wa nika uRatsheli indodakazi yake uBiliha esake isigqili ukuba a be isigqili sake. **30** Wa ya na kuye uRatsheli, wa m tanda uRatsheli kakulu kunoLeya, wa buya wa sebenza kuye eminye iminyaka e isikombisa.

31 UJehova wa bona ukuti uLeya u y'aliwa, wa vula isisu sake: kepa uRatsheli wa e inyumba. **32** ULeya wa kulelwa, wa zala indodana, wa qamba igama layo ngokuti uRuben: wa ti, Ngokuba uJehova u bonile ukuhlupeka kwami; ngoba kaloku indoda yami i ya kungitanda. **33** Wa buya wa kulelwa, wa zala indodana; wa ti, Ngoba uJehova u zwile ukuti ngi y'aliwa, ngako u ngi pe na le: wa qamba igama layo ngokuti uSimeon. **34** Wa buya wa kulelwa, wa zala indodana; wa ti, Kaloku indoda yami i si ya kunamatela kimi, ngokuba ngi yi zalele amadodana amatatu: ngakoke igama layo la tiwa uLevi. **35** Wa buya wa kulelwa, wa zala indodana: wa ti, Kaloku ngi ya kudumisa uJehova: ngakoke wa qamba igama layo ngokuti uJuda; wa kaulake ukuzala.

30 Ku te uRatsheli ukuba a bone ukuti a ka m zalelanga uJakobe abantwana, uRatsheli wa m fela umona udade wabo; wa ti ku Jakobe, Ngi pe abantwana, funa ngi fe. **2** Lwa se lu vuta ulaka lu ka Jakobe ku Ratsheli: wa ti, Ngi sesikundhleni si ka Nkulunkulu yini, o ku nqabela isitelo sesisu na? **3** Wa s'e ti, Nasi isigqili sami, uBiliha, yiya kuso; yikona si ya kuzalela ematangeni ami, ingabe ngi za kwakelwa ngaso. **4** Wa m nikake uBiliha isigqili sake, a be umkake: uJakobe wa ya kuye. **5** UBiliha wa kulelwa, wa m zalela uJakobe indodana. **6** Wa ti uRatsheli, UNkulunkulu u tetile icala lami, futi u zwile izwi lami, wa ngi pa indodana: ngakoke wa qamba igama layo ngokuti uDan. **7** UBiliha isigqili si ka Ratsheli wa buya wa kulelwa, wa m zalela uJakobe indodana yesibili. **8** Wa s'e ti uRatsheli, Ngokubambana okukulu ngi bambene nodade wetu, ngi m ahlulile: wa qamba igama layo ngokuti uNafetali.

9 Wa ti uLeya ukubona ukuti u se kaulile ukuzala, wa tabata uZilipa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Abantwana ba ka Jakobe. U vumelana noLaban ngomvuzo wake.

isigqili sake, wa m nika uJakobe, a be umkake. **10** UZilipa isigqili si ka Leya, wa m zalela uJakobe indodana. **11** Wa ti uLeya, Ku inhlanhla! wa qamba igama layo ngokuti uGadi. **12** UZilipa isigqili si ka Leya wa m zalela uJakobe indodana yesibili. **13** Wa ti uLeya, Ngi ya jabula! ngokuba isifazana si ya kuti, ngi ya jabula: wa qamba igama layo ngokuti uAsheri.

14 Kwa ti ngezinsuku zokuvuna ukolweni, uRuben wa ya wa fumana amamanderake endhle, wa wa yisa ku Leya unina. Wa se ti uRatsheli ku Leya, A k'u ngi pe amamanderake endodana yako. **15** Wa s'e ti kuye, Ku into encane yini ukung'apuca kwako indoda yami? kaloku u su ng'apuca nawo amamanderake endodana yami na? Wa ti uRatsheli, Ngako i za kulala nawe nga lobu busuku ngamamanderake endodana yako. **16** Kwa t' uJakobe e buya se ku hlwa, e vela endhle, uLeya wa puma wa m hlangabeza, wa ti, Sal' u su ngena kimi; ngokuba ngi ku tengile impela ngamamanderake endodana yami. Wa lalake naye nga lobo busuku. **17** UNkulunkulu wa mu zwa uLeya, wa kulelwa, wa m zalela uJakobe indodana yesihlanu. **18** Wa s'e ti uLeya, UNkulunkulu u ngi nikile umvuzo wami, ngokuba nga nika indoda yami isigqili sami: wa qamba igama layo ngokuti uIsakare. **19** ULeya wa buya wa kulelwa, wa m zalela uJakobe indodana yesitupa. **20** Wa s'e ti uLeya, UNkulunkulu u ngi hxomele ngehxomelo elihle; kaloku indoda yami i ya kuhlala nami, ngokuba ngi yi zalele amadodana a isitupa: wa qamba igama layo ngokuti uZebulun. **21** Ngasemva kwa loko wa zala indodakazi, wa qamba igama layo ngokuti uDina. **22** UNkulunkulu wa m kumbula uRatsheli, uNkulunkulu wa mu zwa, wa vula isisu sake. **23** Wa kulelwa, wa zala indodana: wa ti, UNkulunkulu u susile isihlamba sami: **24** wa qamba igama layo ngokuti uJosefa, e ti, UJehova wo ng'engeza enye indodana futi.

25 Kwa ti, uRatsheli e se m zele uJosefa, uJakobe wa ti ku Laban, Ngi mukise, ukuba ngi ye endaweni yami, ezweni la kiti. **26** Ngi nike omkami nabantwana bami, engi ba konzele kuwe, ngi hambe: ngokuba u ya yazi inkonzo yami engi ku konze ngayo. **27** Wa ti uLaban kuye, Uma ngi nesasasa kuwe a k'u hlale: ngi bhulile ukuti uJehova u ngi busisile ngenxa yako. **28** Wa ti, Ngi tshele umvuzo wako, ngi ku nike wona. **29** Wa ti kuye, U y'azi ukuba ngi ku konze kanjani, nokuba imfuyo yako ya i njani kimi. **30** Ngokuba kwa ku kuncinyane okwako, ngi nga ka fiki, se kwandile kwa ba kuningi; uJehova u ku busisile lapo ngi nyatele kona: kaloku ngi yo pembela nini eyami indhlu na? **31** Wa ti, Ma ngi ku nikeni na? Wa ti uJakobe, A u yi kunginika luto: uma u ng'enzela loku, ngi ya kubuya ng'aluse, ngi linde umhlambi wako. **32** Ngi ya kudabula pakati kwomhlambi wonke wako namhla, ngi kipe kona zonke ezi magqabagqaba, nezi hwanqa, nazo zonke ezi mnyama ezimvwini, nezi hwanqa nezi magqabagqaba ezimbuzini: ku be umvuzo wami. **33** Ukulunga kwami ku ya kungifakazelake, ngesikati esizayo, nxa u fika ngomvuzo wami o pambi kwako: zonke ezi nge magqabagqaba, nezi nge mahwanqa ezimbuzini, nezi nge mnyama ezimvwini, ezi kimi, ma ku tiwe z'ebiwe. **34** Wa s'e ti uLaban, Bheka, sengati ku nga ba njengezwi lako. **35** Nga lo mhla wa kipa izimpongo ezi nemishwe nezi hwanqa, nezimbuzikazi zonke ezi magqabagqaba nezi hwanqa, zonke ezi nobumhlope, nazo zonke ezi mnyama ezimvwini, wa zi nikela esandhleni samadodana ake; **36** wa beka ibanga lezinsuku ezintatu pakati kwake noJakobe: uJakobe w'alusa imihlambi eseleyo ka Laban.

37 UJakobe wa s'e tata izinti ezi manzi zompopula, nomalemondi, nompaletani; wa z'ebula imishwe emhlope, wa veza okumhlope oku sezintini. **38** Wa zi misake izinti aze-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

bulileyo emqengqeni, emikombeni yamanzi, pambi kwemihlambi lapa ku puza kona imihlambi, ya mita ekufikeni kwayo ukupuza. 39 Ya ti imihlambi ya mita pambi kwezinti, ya zala ezi mishwe, nezi magqabagqaba, nezi hwanqa. 40 UJakobe wa s'e z'ahlukanisa izimvana, wa bhekisa ubuso bemihlambi kwezi mishwe, na kwezi mnyama zonke emhlambini ka Laban: wa beka amaqambi ake odwa, a ka wa fakanga emhlambini ka Laban. 41 Kwa ti ukumita kweziqinileyo zomhlambi, uJakobe wa beka izinti pambi kwamehlo emihlambi, emiqengqeni, ukuba zi mite nga sezintini; 42 ku teke ukuba u be izimbunda umhlambi ka ze a zi faka: zatike ezi izimbunda za ba ezi ka Laban, eziqinileyo za ba ezi ka Jakobe. 43 Lo muntu w'anda kakulu, wa ba nemihlambi emikulu, nabantu besifazana nabesilisa, namakamelo, nezimbongolo.

31 Wa s'ezwa amazwi amadodana ka Laban e ti, UJakobe u tatile konke okwa ku oku ka baba; nga loko okwa ku oku ka baba u zuze lonke lolu dumo. 2 UJakobe wa bona ubuso bu ka Laban, nampoke bu nga se nga kuye njenga izolo na kutangi. 3 Wa s'e ti uJehova ku Jakobe, Buyela ezweni la oyihlo, na sezihlotsheni zako; ngi ya kuba nawe. 4 UJakobe wa tuma wa biza uRatsheli noLeya, ukuba b'eze endhle emhlambini wake, 5 wa ti kubo, Ngi ya bona ubuso bu ka yihlo, ukuti a bu se nga kimi njenga izolo na kutangi; kepa uNkulunkulu ka baba u be nami. 6 Nani ni y'azi ngi m konze uyihlo ngamandhla onke ami. 7 Kepa uyihlo u ngi kohlisile, u guqule umvuzo wami kashumi; kodwa uNkulunkulu ka m vumelanga ukuba enze okubi kimi. 8 Nxa e be sho ukuti, Ezi magqabagqaba a zi be umvuzo wako; wa ti umhlambi wonke wa zala ezi magqabagqaba: nanxa e be sho ukuti, Ezi mishwe a zi be umvuzo wako; wa ti wonke umhlambi wa zala ezi mishwe. 9 UNkulunkulu wamukile uyihlo kanjalo imfuyo, wa ngi pa yona. 10 Kwa ti ngesikati sokumita kwomhlambi, nga pakamisa amehlo ami, nga bona ngepupo, nazi izimpongo ezi kwela umhlambi zi mishwe, zi magqabagqaba, zi nala. 11 Ya ti kimi ingelosi ka Nkulunkulu ngepupo, Jakobe: nga ti, Ngi kona. 12 Ya ti, A k'u pakamise amehlo ako, u bone: zonke izimpongo ezi kwela umhlambi zi mishwe, zi magqabagqaba, zi nala: ngokuba ngi bonile loko konke akwenzayo uLaban kuwe. 13 Ngi nguNkulunkulu wa seBeteli, lapo wa gcoba kona insika, lapo wa tembisa kona ngesitembiso kimi: suka manje, u muke ku leli zwe, u buyele ezweni owa zalelwa kulo. 14 Ba pendula oRatsheli noLeya, ba ti kuye, Si se naso yini isabelo, nefa endhlini ka baba na? 15 Angiti u si patise okwabezizwe nje? loku wa tengisa ngati, wa dhla nokudhla intengo yetu. 16 Ngokuba ingcebo yonke uNkulunkulu a m amuke yona ubaba i ngeyetu, neyabantwana betu; kalokuke kwenze konke a ku shilo kuwe uNkulunkulu.

17 Wa s'esuka uJakobe, wa kwelisa amadodana ake na omkake emakamelweni; 18 wa yi quba yonke imfuyo yake, nayo yonke impahla yake a be yi tolile, imfuyo yokufuya kwake, a be yi tolile ePadan-aram, ukuba a ye ku Isaka uyise ezweni la kwa Kanan. 19 Ayike uLaban wa e ye kogunda izimvu zake: uRatsheli w'eba amaterafi ka yise. 20 UJakobe wa m nyenyela uLaban wa seSiriya, loku e nga m tshelanga ukuti u y'eqa. 21 Njaloke w'eqa nako konke a nako; w'esuka, wa wela umfula, wa qonda nga sentabeni ya seGiliyadi.

22 Ngosuku lwesitatu uLaban wa bikelwa ukuti uJakobe w'eqile. 23 Wa s'e tata abafo wabo, wa m landela ibanga lezinsuku ezi isikombisa; wa m fica entabeni ya kwa Giliyadi. 24 Kepa uNkulunkulu w' eza ku Laban owa seSiriya ngepupo lobusuku, wa ti kuye, Xwaya u nga kulumi ku Jakobe okuhle nokubi. 25 ULaban wa s'e m fumana uJakobe. Kepa uJakobe wa e misile itente lake enta-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ULaban u kankatana naye, e funa amaterafi. Bahlukana eGaledi.

beni: uLaban nabafo wabo ba misa entabeni ya kwa Giliyadi. **26** Wa s'e ti uLaban ku Jakobe, Wenzeni na? loku u ngi nyenyele, wa quba amadodakazi ami njengabatunjiweyo ngenkemba. **27** Weqeleni ngasese na, wa ngi nyenyela, u nga ngi tshelanga, yikona be ngi za kukumukisa ngokwenama, na ngezingoma, na ngesigubu, na ngenkoka; **28** a u ngi vumelanga ukuba ng'ange amadodana ami namadodakazi ami: u ntumazele nga loko. **29** Ku semandhleni esandhla sami ukuba ng'enze okubi kuwe: kepa uNkulunkulu ka yihlo u kulumile kimi ebusuku izolo, e ti, Xwaya u nga kulumi ku Jakobe okuhle nokubi. **30** Kaloku u su muka nokumuka u su langazelela nokulangazelela indhlu ka yihlo, po, webeleni onkulunkulu bami na? **31** Wa s'e pendula uJakobe, wa ti ku Laban, Yingokuba be ng'esaba: ngi ti kambe funa u ngi qwage amadodakazi ako. **32** Lowo, o za kutola kuye onkulunkulu bako a ka yi kusinda: pambi kwabafo wetu, qaza okwako engi nako, u ku tabate. Ngokuba uJakobe wa e ng'azi ukuti, uRatsheli wa e b'ebile.

33 ULaban wa s'e ngena etenteni li ka Jakobe, na setenteni li ka Leya, na setenteni lezigqili ezimbili; a ka ba tolanga. Wa puma etenteni li ka Leya, wa ngena etenteni li ka Ratsheli. **34** Kepa uRatsheli wa e wa tabatile amaterafi, wa wa faka empahleni yekamelo, wa hlala pezu kwawo. ULaban wa pumputa etenteni lonke, ka wa tola. **35** Wa s'e ti ku yise, Ma i nga tukuteli inkosi yami uma ngi nga sukumi pambi kwayo; ngokuba umkuba wesifazana se u kimi. Wa yalula; ka wa tola amaterafi.

36 Wa s'e tukutela uJakobe, wa m kankata uLaban: wa pendula uJakobe wa ti ku Laban, Isipi isipambuko sami na? isipi isono sami, loku u ngi joke kangaka? **37** Loku u pumputile kuyo yonke impahla yami, u tole ntoni yempahla yonke yendhlu yako na? Yi beke lapa pambi kwabafo wetu nabafo wenu, ba tete icala pakati kwetu sobabili. **38** Le minyaka e ngamashumi amabili be ngi hlezi kuwe; izimvukazi zako nezimbuzikazi zako a zi punzanga; izinqama zemihlambi yako a ngi zi dhlanga. **39** Leyo edweshulwe izilo, a ngi yi letanga kuwe; nga ngi yi hlaula; wa yi biza esandhleni sami, noma yebiwe emini, noma yebiwe ebusuku. **40** Kwa ba nje kimina; nga qedwa ukushisa emini, nga qedwa isitwatwa ebusuku; kwa pela ubutongo emehlweni ami. **41** Se ku iminyaka e ngamashumi amabili ngi sendhlini yako; iminyaka e ishumi nane nga ku konza ngamadodakazi ako amabili, neminyaka e isitupa ngomhlambi wako: u guqule umvuzo wami kashumi. **42** Nxa e be nge nami uNkulunkulu ka baba, uNkulunkulu ka Abraham, noValo lu ka Isaka, nempela u bu su ya kungimukisaze. UNkulunkulu u bonile ukuhlupeka kwami, nesitukutuku sezandhla zami, wa ku sola izolo ebusuku.

43 Wa pendulake uLaban wa ti ku Jakobe, Lawa madodakazi a ngamadodakazi ami, laba bantwana ba ngabantwana bami, le mihlambi yimihlambi yami, nako konke okubonayo ku ngokwami: ngi ng'enzanike namhla ku lawa madodakazi ami, na ku bantwana bawo abazeleyo na? **44** Wozake manje, ma s'enze isivumelwano, mina nawe, si be isifakazo pakati kwami nawe. **45** UJakobe wa s'e tabata itshe, wa li misa la insika. **46** Wa ti uJakobe ku bafo wabo, Butani amatshe; ba tatake amatshe b'enza inqwaba: ba dhla kona nga senqwabeni. **47** ULaban wa yi qamba ngokuti iJegari-saha-duta: kepa uJakobe wa yi qamba ngokuti iGaledi. **48** Wa s'e ti uLaban, Le nqwaba yisifakazo pakati kwami nawe namhla. Ngakoke igama layo la tiwa iGaledi: **49** neMizpa, ngokuba wa ti, UJehova ma ka linde pakati kwami nawe uma se s'ahlukene omunye nomunye. **50** Nxa u hlupa amadodakazi ami, nonxa u tabata abafazi pezu kwamadodakazi ami, a kuko muntu nati; bheka, uNkulunkulu u ngufakazi pakati kwami nawe.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Isifungo sabo. UJakobe eMahanayim. U zincayisela ku Esau ngezipo.

51 Wa ti uLaban ku Jakobe, Nansi le nqwaba, nansi le nsika, engiyimisileyo pakati kwami nawe. 52 Le nqwaba ma i be isifakazo, na le nsika ma i be isifakazo, sokuti a ngi yi kudhlula le nqwaba ngi ye kuwe, nokuti a u yi kudhlula le nqwaba na le nsika, u ze kimi, ngokubi. 53 UNkulunkulu ka Abraham, uNkulunkulu ka Nahori, uNkulunkulu ka yise wabo, k'ahlulele pakati kwetu. UJakobe wa funga uValo lu ka yise uIsaka. 54 UJakobe wa s'e nikela umhlatshelo entabeni, wa biza abafo wabo ukuba ba dhle ukudhla: ba dhlake, ba lala entabeni. 55 Wa s'e vuka uLaban ekuseni nga kusasa w'anga amadodana ake namadodakazi ake, wa wa busisa: wa hamba uLaban, wa buyela endaweni

32 yake. 1 UJakobe wa s'e hamba ngendhlela yake, izingelosi zi ka Nkulunkulu za m hlangabeza. 2 UJakobe e se zi bonile wa ti, Li ibandhla li ka Nkulunkulu leli: wa s'e qamba igama la leyo ndawo ngokuti iMahanayim.

3 UJakobe wa s'e tuma izigijimi ngapambili kwake ku Esau umfo wabo, ezweni la kwa Sehire, izwe li ka Edom. 4 Wa zi yala, wa ti, Yishoni ku Esau inkosi yami ukuti: I ti inceku yako uJakobe, Kade ngi sa te gozololo ku Laban, ngi bambekile kona ku ze ku be manje: 5 ngi nezinkomo, nezimbongolo, nezimvu, nabantu besilisa, nabesifazana: ngi tume nje ukubikela inkosi yami, ukuze ngi be nesasasa kuyo. 6 Za buyelake izigijimi ku Jakobe, za ti, Si fikile ku mfo wenu uEsau, naye u y'eza ukukuhlangabeza, e namadoda a ngamakulu amane. 7 UJakobe wa s'esaba kakulu, wa nyinyeka: w'ahlukanisa abantu aba naye, nezimvu nezinkomo, namakamelo, kwa ba izigaba ezimbili; 8 wa ti, Nxa uEsau e za kwesinye isigaba, a si cite, si yo kuti si sinde esinye esiseleyo. 9 Wa s'e ti uJakobe, E Nkulunkulu ka baba uAbraham, Nkulunkulu ka baba uIsaka, Jehova owa ti kimi, Buyela ezweni la kini, na sezihlotsheni zako, ngi ya kukwenzela okuhle: 10 a ngi fanele oku nci kwesihau sako sonke, nalo lonke iqiniso lako, okwenzileyo encekwini yako; ngokuba ngi pete udondolo nje nga wela leli Jordan; manje se ngi izigaba ezimbili. 11 A k'u ng'opule esandhleni somfo wetu, esandhleni si ka Esau: ngokuba ngi ya m esaba, funa a fike a ngi bulale, onina nabantwana. 12 Wa ti wena, Iqiniso, ngi ya ku kwenzela okuhle, ngi y'enze inzalo yako i be ngangesihlabati solwandhle, esi nge balwe ngobuningi.

13 Wa ngenisa kona nga lobo busuku; wa s'e tabata ku loko okwa ku sesandhleni sake kwa isipo ku Esau umfo wabo: 14 izimbuzikazi ezi ngamakulu amabili, nezimpongo ezi ngamashumi amabili, nezimvukazi ezi ngamakulu amabili, nezinqama ezi ngamashumi amabili, 15 amakamelo asengwayo a ngamashumi amatatu, nezinkonyane zawo, nezinkomazi ezi ngamashumi amane, nezinkunzi ezi ishumi, nezimbongolokazi ezi ngamashumi amabili, nezinkonyane zazo ezi ishumi. 16 Wa zi nikela esandhleni sabantu bake, iqambi ngeqambi; wa ti ku bantu bake, Welani ngapambili kwami, ni beke ibanga pakati kweqambi neqambi. 17 Wa m yala o pambili, e ti, Uma uEsau umfo wetu e hlangana nawe, a ku buze ngokuti, U ngoka bani na? u ya ngapi na? lezi ezi pambi kwako ezi ka bani na? 18 wo ti ke, Ezi ka Jakobe, inceku yako; ku isipo esi yiswa enkosini yami uEsau: nanguya, naye e za ngasemva kwetu. 19 Wa yala nowesibili, nowesitatu, nabo bonke aba landela amaqambi, wa ti, Ni ya kusho kanjalo ku Esau se ni m fumene; 20 ni ya kuti, Nansi futi inceku yako uJakobe i ngasemva kwetu. Ngokuba wa ti, Ngi ya kumtoba nga lesi sipo esi hamba ngapambili kwami, and'uba ngi bone ubuso bake; mhlaumbe a nga ng'amkela. 21 Sa welake isipo ngapambili kwake: wa hlala ekamu nga lobo busuku.

22 Wa s'esuka nga lobo busuku, wa tabata omkake ababili, nezigqilikazi zake ezimbili, nabantwana bake

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U bambana nengelosi. U hlangana noEsau. U fika eShekem.

aba ishumi nanye, wa wela ezibukweni la seJaboki. 23 Wa ba tabata, wa ba wezisa umfula, wa wezisa a nako. 24 Wa sala yedwa uJakobe; kwa ti kwa bambana naye umuntu kwa za kwa tata ukusa. 25 Wa ti ukubona ukuti ka m ahluli, wa m tinta enkoxeni yenyonga; wa se e pinyazeka uJakobe enkoxeni yenyonga, e se bambene naye. 26 Wa s'e ti, Ngi yeke, ngokuba se ku ya sa. Wa ti, A ngi yi kukuyeka, u nga ngi busisanga. 27 Wa s'e ti kuye, Ubani igama lako na? wa ti, Ngi nguJakobe. 28 Wa ti, Igama lako a li sa yi kubizwa ngokuti uJakobe, li ya kutiwa uIsraeli: ngokuba u bambene noNkulunkulu nabantu, w'ahlula. 29 UJakobe wa s'e m buza, wa ti, A ke u ngi tshele igama lako. Wa ti, U buzelani igama lami na? wa s'e m busisa kona. 30 UJakobe wa qamba igama la leyo ndawo ngokuti iPeniyeli; ngokuba wa ti, Si bonene noNkulunkulu, ubuso nobuso, kepa ngi sindile. 31 Kwa ti e sa dhlula iPenuweli la se li puma ilanga, wa xuga enyongeni yake. 32 Ngakoke aba kwa Israeli a ba wu dhli umsipa wenqulu o senkoxeni yenyonga, ku ze ku be namhla: ngokuba wa tinta inkoxe yenyonga ka Jakobe emsipeni wenqulu.

33 UJakobe wa s'e pakamisa amehlo ake, wa bheka, nango uEsau e za, e namadoda amakulu amane. Wa ba hlukanisela uLeya noRatsheli abantwana, nazo izigqili ezimbili. 2 Wa beka pambili izigqili nabantwana bazo, uLeya nabantwana bake be ngasemva, uRatsheli noJosefa ngasemva kwabo bonke. 3 Wa dhlulake pambili kwabo, wa kotamela pansi kakombisa, wa za wa sondela ku mfo wabo. 4 Wa s'e gijima uEsau ukumhlangabeza, wa m gona, w'encika entanyeni yake, wa m anga: ba kala. 5 Wa pakamisa amehlo ake, wa bona abesifazana nabantwana; wa ti, Obani laba o nabo na? Wa ti, Abantwana, uNkulunkulu a y'enzela inceku yako umusa ngabo. 6 Za se zi sondela izigqili, zona nabantwana bazo, za kotama. 7 Wa sondela uLeya naye nabantwana bake, wand'ukusondela uJosefa noRatsheli, ba kotama. 8 Wa s'e ti, U sho ukutini nga lo mbonda wonke engi hlangene nawo na? Wa ti, Ku ukuba ngi be nesasasa enkosini yami. 9 Wa ti uEsau, Ngi nokuningi, mfo wetu; a ku be okwako o nako. 10 Wa ti uJakobe, Ayibo, nxa ngi nesasasa kuwe, si tabate isipo sami esandhleni sami njengokuba ngi bonile ubuso bako, ku njengokubona ubuso bu ka Nkulunkulu, u ngi tokozele. 11 A ke u tabate isibusiso sami esi letwa kuwe; ngokuba uNkulunkulu u ng'enzele umusa, na ngokuba ngi nako konke. Wa m ncosholozela wa si tatake. 12 Wa s'e ti, Ma si suke, si hambe, ngi hambe pambi kwako. 13 Wa ti kuye, I y'azi inkosi yami ukuti abantwana ba tambile, nezimvu nezinkomo ezi nami zi izindhlezane: nxa be zi shishinga usuku lunye, i nga fa imihlambi yonke. 14 A ke i dhlule inkosi yami pambili kwenceku yayo: ngi ya kuza ngokuseseza njengokuhamba kwemfuyo e pambi kwami, na njengokuhamba kwabantwana, ngi ze ngi fike enkosini yami eSehire. 15 Wa s'e ti uEsau, Ma ngi shiye kuwe abanye abantu bami. Wa ti, Ngani na? Kwa nga ngi nga ba nesasasa enkosini yami. 16 Wa buya nga lowo mhla uEsau wa hamba ngendhlela yake ukuya eSehire. 17 W'esuka uJakobe wa ya eSukoti, wa z'akela indhlu, w'enzela izinkomo zake amatanga: ngakoke igama la leyo ndawo li tiwa iSukoti.

18 UJakobe wa fika kahle emzini ka Shekem, o sezweni la kwa Kanan, e vela ePadan-aram; wa misa pambi kwomuzi. 19 Wa s'e si tenga isiqepu sezwe lapo w'emisa kona itente lake, esandhleni saba kwa Hamori, uyise ka Shekem, ngezinhlamvu zemali ezi ikulu. 20 W'aka kona ilati, wa li qamba ngokuti uEl-Elohe-Israeli.

34 Kwa ti uDina indodakazi ka Leya, a m zalela yona uJakobe, wa puma wa ya kubona amadodakazi

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UDina woniwa uShekem. U pindiselwa uSimeon noLevi.

a lelo zwe. 2 UShekem ka Hamori umHivi, isikulu sezwe, wa m bona, wa m tabata, wa lala naye, wa m ona. 3 Inhliziyo yake ya namatela ku Dina indodakazi ka Jakobe, wa yi tanda intombi, wa kuluma enhliziyweni yentombi. 4 UShekem wa s'e kuluma noyise uHamori wa ti, Ngi tabatele le ntombazana i be umkami. 5 UJakobe w'ezwa ukuti u yi ngcolisile indodakazi yake uDina: amadodana ake a be sezinkomeni zake endhle: uJakobe wa tula a ze a fika. 6 UHamori uyise ka Shekem wa puma wa ya ku Jakobe e yo kuluma naye. 7 Amadodana ka Jakobe a buya endhle, e se zwile: a ba nobuhlungu amadoda, a tukutela kakulu, ngokuba wenzile ubuwula kwa Israeli ngokulala nendodakazi ka Jakobe; oku nga fanele ukwenziwa. 8 Kepa uHamori wa kuluma nawo, e ti, Inhliziyo yendodana yami, uShekem, i te ncasha endodakazini yenu: a ke ni m nike yona, i be umkake. 9 Yendiselanani nati, ni si nike amadodakazi enu, ni tabate amadodakazi etu. 10 Ni ya kwaka nati: izwe li za kuba pambi kwenu; yakani ni tengiselane, ni fuye kulo. 11 Wa ti uShekem ku yise na ku bane wabo, Kwa nga ngi nga ba nesasasa kini; loko eni ya kukusho kimi, ngi ya kuninika kona. 12 Bizani kimi ilobolo noma li ngakanani, nesipo, ngi ya kuninika njengaloko eni ya kukusho kimi: kepa ngi nikeni intombazana i be umkami. 13 Amadodana ka Jakobe a m pendula uShekem noHamori uyise ngobuqili, a kuluma, ngokuba e m ngcolisile uDina udade wabo, 14 a ti kubo, si nge yenze le nto, ukuba si nike umuntu o nga sokanga udade wetu; ngokuba loko ku isihlamba kiti. 15 Kepa nga loku si nga ni vumela, uma ni ya kuba njengati, ku sokwe kini abesilisa bonke; 16 so ti si ni nike amadodakazi etu, si zitabatele amadodakazi enu, si hlale nani, si be isizwe sinye. 17 Kodwa uma ni nga si laleli, ni soke; konake si ya kuyitabata indodakazi yetu, si hambe.

18 Ayike amazwi abo a ba mahle ku Hamori, na ku Shekem ka Hamori. 19 Lo mfana ka libalanga ukuyenza le nto, ngokuba indodakazi ka Jakobe wa y'enamela: wa e omkulu yena kunabo bonke abendhlu ka yise. 20 Ba yake oHamori, noShekem indodana yake, b'ema esangweni lomuzi wa kubo, ba kuluma nabantu bomuzi wa kubo, ba ti, 21 Laba bantu ba hlezi kahle nati; ma b'ake ezweni, ba tengiselane kulo; izwe, nanti, li banzi inxa zombili pambi kwabo; a si tabate amadodakazi abo, a be omketu, si ba nike amadodakazi etu. 22 Kepa nga loku kupela laba bantu ba nga vuma ukwaka nati, si be isizwe sinye, okokuba abesilisa bonke ba kiti ba soke njengabo be sokile. 23 Angiti imihlambi yabo, nemfuyo yabo, nazo zonke izinkomo zabo, ku ya kuba okwetu na? ma si ba vumele nje, ba yo kwaka nati. 24 Ba ti aba puma esangweni lomuzi ba lalela kubo oHamori noShekem indodana yake; ba se be soka abesilisa bonke, bonke aba puma esangweni lomuzi wake. 25 Kwa ti ngosuku lwesitatu, se be nobuhlungu, amadodana amabili ka Jakobe, uSimeon noLevi, abane wabo ka Dina, ba tabata ilowo inkemba yake, ba wu fikela umuzi u ng'azelele, ba bulala abesilisa bonke. 26 Ba bulala oHamori noShekem indodana yake ngobukali benkemba, ba m tabata uDina endhlini ka Shekem, ba puma. 27 A s'e fika amadodana ka Jakobe kwababuleweyo, a panga umuzi, ngokuba be m ngcolisile udade wabo. 28 A tabata izimvu zabo nezinkomo zabo, nezimbongolo zabo, nokwa ku semzini, nokwa ku sendhle; 29 imfuyo yonke yabo, nezingane zonke zabo, nabafazi babo a ba tumba, a panga konke okwa ku sendhlini. 30 Wa s'e ti uJakobe ku Simeon noLevi, Ni ngi hlupile, n'enze ukuba ngi ba nukele kabi abantu bezwe, amaKanan namaPerizi: loku ngi ingcozana, ba ya kungihlanganyela, ba ngi bulale: ngi ya kushabalaliswa, mina nendhlu yami. 31 Ba ti, A hl' udade wetu a m patise okwesifebe na?

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UJakobe u buyela eBeteli. Ukufa ku ka Ratsheli noIsaka.

35 Wa ti uNkulunkulu ku Jakobe, Suka, u kupuke u ye eBeteli, u hlale kona: u m enzele kona uNkulunkulu ilati, owa bonakala kuwe ekubalekeni kwako ebusweni bu ka Esau umfo wenu. **2** Wa s'e ti uJakobe kwabendhlu yake, na kubo bonke aba be naye, Lahlani onkulunkulu bezizwe, aba pakati kwenu, ni zihlambulule, ni pendulele ngezinye izingubo: **3** a si suke, si kupuke, si ye eBeteli; ngi ya kumenzela uNkulunkulu ilati kona, owa ngi pendula msukwana ngi katazekayo, wa be nami endhleleni enga hamba ngayo. **4** Ba se be nika uJakobe onkulunkulu bonke bezizwe aba be sesandhleni sabo, namacici a e sezindhlebeni zabo; uJakobe wa zi tukusa pansi kwomoki o nga kwa Shekem. **5** B'esuka: kwa ku kona uvalo lu ka Nkulunkulu emizini, eya yinxa zonke, a ba wa landela amadodana ka Jakobe. **6** Wa fikake uJakobe eLuze, (eli iBeteli), eli sezweni la kwa Kanan, yena nabantu bonke aba naye. **7** W'aka kona ilati, wa yi qamba leyo ndawo ngokuti iEl-beteli; ngokuba uNkulunkulu wa bonakaliswa kona kuye ekubalekeni kwake ebusweni bomfo wabo. **8** Wa fa uDebora, umzanyana ka Rebeka, wa mbelwa enzansi kweBeteli pansi kwomoki: igama lawo la tiwa iAlon-bakuti.

9 UNkulunkulu wa buya wa bonakala ku Jakobe, ekufikeni kwake e vela ePadan-aram, wa m busisa. **10** Wa ti uNkulunkulu kuye, Igama lako li nguJakobe: igama lako a li sa yi kutiwa uJakobe, igama lako li za kuba uIsraeli: wa s'e li qamba igama lake ngokuti uIsraeli. **11** Wa ti uNkulunkulu kuye, Ngi nguNkulunkulu uSomandhla: a k'u zale, wande; ku za kuvela kuwe isizwe, nebandhla lezizwe; amakosi a ya kupuma okalweni lwako; **12** izwe enga li nika uAbraham noIsaka, ngi za kukunika lona, nayo inzalo yako emva kwako ngi ya kuyinika leli zwe. **13** UNkulunkulu w'enyuka, e suka kuye endaweni lapo a kuluma naye kona. **14** UJakobe wa s'e misa insika endaweni lapo a kuluma naye kona, insika yetshe: wa tela pezu kwayo umnikelo wokupuzwa, wa tela amafuta pezu kwayo. **15** UJakobe wa qamba igama la leyo ndawo lapo uNkulunkulu a kuluma naye kona ngokuti iBeteli.

16 B'esuka eBeteli; kwa ku kashana ukufika eEfrati: uRatsheli wa beleta, kwa ba lukuni ukubeleta kwake. **17** Kwa ti, e sa beleta kalukuni, wa ti umbeletisi kuye, Mus'ukwesaba; ngoba u su za kuba nenye indodana futi. **18** Kwa ti, u su puma umoya wake (ngokuba wa fa) wa qamba igama lake ngokuti uBenoni; kepa uyise wa m qamba, wa ti uBenjamin. **19** Wa fa uRatsheli, wa mbelwa endhleleni e ya eEfrati (eli iBetelehem). **20** UJakobe wa s'e misa insika etuneni lake: iyona Insika yetuna li ka Ratsheli na namhlanje. **21** UIsraeli w'esuka, wa misa itente lake ngapambili kwomboshongo wa seEdare. **22** Kwa ti uIsraeli e s'akile ku lelo zwe uRuben wa ya wa lala noBiliha isancinza si ka yise: wa ku zwa uIsraeli.

Amadodana ka Jakobe a be ishumi nambili: **23** amadodana ka Leya: uRuben, izibulo li ka Jakobe, noSimeon, noLevi, noJuda, noIsakare, noZebulun; **24** amadodana ka Ratsheli: uJosefa noBenjamin; **25** amadodana ka Biliha, isigqili si ka Ratsheli: uDan noNafetali; **26** amadodana ka Zilipa, isigqili si ka Leya: uGadi noAsheri: labo ba ngamadodana ka Jakobe, a wa zalelwa ePadan-aram. **27** UJakobe wa fika ku Isaka uyise, kwa Mamre, eKiriyati-arba (eli iHebron), lapo ba be te gozololo kona oAbraham noIsaka.

28 Izinsuku zi ka Isaka za zi iminyaka e ikulu neminyaka e ngamashumi a isishiyangalombili. **29** UIsaka wa gqabuka wa fa, w'elekelwa ku bantu ba kubo, e se mdala, zi pelele izinsuku zake: uEsau noJakobe, amadodana ake, a m mbela.

36 Nantu uzalo lu ka Esau (o nguEdom). **2** UEsau wa tabata abafazi bake kuwo amadodakazi a kwa Kanan: uAda ka Elon umHiti,

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Uzalo lu ka Esau. Abanumzana ba seEdom. Amadodana ka Sehire.

noOholibama ka Ana ka Zibeon umHivi, 3 noBasemati ka Ishmayeli, udade wabo ka Nebayoti. 4 UAda wa m zalela uEsau uElifazi; uBasemati wa zala uRehuweli; 5 uOholibama wa zala uJehushe, noJalam, noKora: laba ba ngamadodana ka Esau, awazalelwayo ezweni la kwa Kanan. 6 UEsau wa tabata omkake, namadodana ake, namadodakazi ake, nabantu bonke bendhlu yake, nemfuyo yake, nezilwane zonke zake, nempahla yonke yake, a be yi zuzile ezweni la kwa Kanan; wa hamba wa ya ezweni eli kude nomfo wabo uJakobe. 7 Ngokuba imfuyo yabo ya i nkulu, ba be nge nakuhlala ndawonye; izwe aba be te gozololo ku lona, la li nga b'anele ngenxa yemfuyo yabo. 8 UEsau wa hlala entabeni iSehire: uEsau u nguEdom.

9 Nantu uzalo lu ka Esau, uyise wamaEdom entabeni iSehire: 10 yilawa amagama amadodana ka Esau: uElifazi ka Ada, umka Esau, noRehuweli ka Basemati, umka Esau. 11 Amadodana ka Elifazi a e nguTeman, noOmare, noZefo, noGatam, noKenazi. 12 UTimna wa e isancinza si ka Elifazi indodana ka Esau; wa m zalela uElifazi uAmeleki: yilawa amadodana ka Ada, umka Esau. 13 Yilawa amadodana ka Rehuweli; uNahati, noZera, noShama, noMiza: yilawa amadodana ka Basemati, umka Esau. 14 Yilawa amadodana ka Oholibama ka Ana, ka Zibeon, umka Esau: wa m zalela uEsau uJehushe, noJalam, noKora.

15 Yilaba abanumzana ba kwa Esau: amadodana ka Elifazi, izibulo li ka Esau: uTeman umnumzana, uOmare umnumzana, uZefo umnumzana, uKenazi umnumzana, 16 uKora umnumzana, uGatam umnumzana, uAmaleki umnumzana: yilaba abanumzana aba vela ku Elifazi, ezweni la kwa Edom; yilawa amadodana ka Ada. 17 Yilawa amadodana ka Rehuweli, ka Esau: uNahati umnumzana, uZera umnumzana, uShama umnumzana, uMiza umnumzana: yilaba abanumzana aba vela ku Rehuweli, ezweni la kwa Edom; yilawa amadodana ka Basemati, umka Esau. 18 Yilawa amadodana ka Oholibama, umka Esau: uJehushe umnumzana, uJalam umnumzana, uKora umnumzana: yilaba abanumzana aba vela kumka Esau, uOholibama ka Ana. 19 Yilawa amadodana ka Esau, yilaba abanumzana babo: u nguEdom.

20 Yilawa amadodana ka Sehire, umHori, a be akile ezweni: uLotan, noShobali, noZibeon, noAna, 21 noDishon, noEzere, noDishan: yilaba abanumzana aba vela ku maHori, a kwa Sehire ezweni la kwa Edom. 22 Abantwana ba ka Lotan ba be nguHori, noHeman; udade wabo ka Lotan wa e nguTimna. 23 Yilaba abantwana ba ka Shobali: uAlvan, noManahati, noEbali, noShefo, noOnam. 24 Yilaba abantwana ba ka Zibeon: uAya, noAna; lowo nguAna owa tola imitombo eshisayo ehlane, aluse izimbongolo zi ka Zibeon uyise. 25 Yilaba abantwana ba ka Ana: uDishon, noOholibama indodakazi ka Ana. 26 Yilaba abantwana ba ka Dishon: uHemdan, no Eshban, noItran, noKeran. 27 Yilaba abantwana ba ka Ezere: uBilehan, noZavan, noAkan. 28 Yilaba abantwana ba ka Dishan: uUze, noAran. 29 Yilaba abanumzana aba vela ku maHori; uLotan umnumzana, uShobali umnumzana, uZibeon umnumzana, uAna umnumzana, 30 uDishon umnumzana, uEzere umnumzana, uDishan umnumzana: yilaba abanumzana aba vela ku maHori ngokwabanumzana babo, ezweni la kwa Sehire.

31 Yilawa amakosi, a busa ezweni la kwa Edom, ku nga ka busi nkosi kwaba kwa Israeli. 32 UBela ka Behore wa busa kwa Edom; igama lomuzi wake la li iDinhaba. 33 Wa fa uBela, uJobabe ka Zera wa seBozra wa busa esikundhleni sake. 34 Wa fa uJobabe; uHusham, owa sezweni lamaTemani, wa busa esikundhleni sake. 35 Wa fa uHusham; uHadadi ka Bedadi, owa bulala uMidiyan ezweni la kwa Moabe, wa busa esikundhleni sake: igama lomuzi wake la li

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amakosi a seEdom. Ipupo li ka Josefa. U tunyelwa eShekem.

iAviti. **36** Wa fa uHadadi, uSamla wa seMasereka wa busa esikundhleni sake, **37** Wa fa uSamla; uShaule wa seRehoboti nga semfuleni wa busa esikundhleni sake. **38** Wa fa uShaule; uBali-hanan ka Akebore, wa busa esikundhleni sake. **39** Wa fa uBali-hanan ka Akebore; uHadari wa busa esikundhleni sake: igama lomuzi wake la li iPau; igama lomkake nguMehetabeli ka Matrede, ka Me-zahabe.

40 Yilawa amagama abanumzana aba vela ku Esau, ngokwemindeni yabo, njengezindawo zabo, ngamagama abo: uTimna umnumzana, uAlva umnumzana, uJetete umnumzana, **41** uOholibama umnumzana, uEla umnumzana, uPinon umnumzana, **42** uKenazi umnumzana, uTeman umnumzana, uMibezare umnumzana, **43** uMagediyeli umnumzana, uIram umnumzana: yilaba abanumzana ba kwa Edom, ngokwaka kwabo ezweni ela li ifa labo. Lo nguEsau uyise wamaEdom.

37 UJakobe w'aka ezweni, uyise a e te gozololo kulo, ezweni la kwa Kanan. **2** Nantu uzalo lu ka Jakobe. UJosefa, e se neminyaka e ishumi nesikombisa wa be alusa nabafo wabo umhlambi; wa e ngumfana e ku madodana ka Biliha, namadodana ka Zilipa, omka yise: uJosefa wa m bikela uyise indaba embi ngabo. **3** Ayike uIsraeli wa.e m tanda uJosefa kunabantwana bonke bake, ngoba e indodana yobuxegu bake: wa m enzela ingubo e nemibala emininga. **4** Ba ti abafo wabo ukubona ukuti uyise u ya m tanda kunabo bonke abafo wabo, ba m zonda, ba be nge kulume kahle kuye.

5 UJosefa wa pupa ipupo, wa ba lauzela lona abafo wabo: ba se be m zonda ngokungapezulu. **6** Wa ti kubo, A ke ni zwe leli pupo, engilipupileyo: **7** bhekani, be si bopa izitungu ensimini, nasoke isitungu sami si suka si ma; nazoke izitungu zenu za si pahla, za si kotamela isitungu sami. **8** Ba ti abafo wabo kuye, Impela, u ya kuba inkosi yetu na? u ya kubusa nokubusa pezu kwetu na? Ba buya ba m zonda ngokungapezulu ngenxa yamapupo ake namazwi ake. **9** Wa buya wa pupa elinye ipupo, wa ba lauzela lona abafo wabo, wa ti, Bhekani, ngi pupile ipupo futi; bheka ilanga nenyanga nezinkanyezi ezi ishumi nanye za ngi kotamela. **10** Wa li lauzela uyise nabafo wabo; uyise wa m sola, wa ti kuye, Li yini leli pupo olipupileyo na? Impela mina nonyoko nabafo wenu so hla si ku kotamele pansi na? **11** Abafo wabo ba m fela umona; kepa uyise wa li londa lelo zwi emqondweni.

12 Kwa ti abafo wabo ba ya ukwalusa umhlambi ka yise kwa Shekem. **13** Wa s'e ti uIsraeli ku Josefa, Angiti abafo wenu b'alusela kwa Shekem na? woza ngi ku tume kubo. Wa ti kuye, Ngi kona. **14** Wa ti kuye, Hambake, u ye kobona ukuba ba hlezi kahle abafo wenu, nokuba ku hlezi kahle umhlambi na? u buye u ngi bikele. Wa m tumake, w'esuka esigodini sa seHebron, wa ya wa fika kwa Shekem. **15** Kwa ti umuntu otile wa m fumana nangu e zulazula endhle: lo muntu wa m buza, wa ti, U funani na? **16** Wa ti, Ngi funa abafo wetu: a ke u ngi tshele ukuti b'aluselapi na? **17** Wa ti lo muntu, Se be mukile lapa; ngoba nga b'ezwa be ti, Ma si ye eDotan. UJosefa wa s'e ba landela abafo wabo, wa ba fumana eDotan.

18 Ba m bona e kude, ba ti e nga ka sondeli kubo, b'enza usolo ngaye lokumbulala. **19** Ba kulumisana ba ti, Nansi inyanga yamapupo, i s'i za. **20** Wozanike ma si yi bulale, si yi ponse komunye wemigodi, si ti, U dhliwe isilo esibi: si ya kubona ukuba a za kuba yini amapupo ake. **21** URuben wa ku zwa, wa m opula esandhleni sabo; wa ti, A si nga m bulali. **22** Wa ti kubo uRuben, Ni nga palazi igazi; m ponseni ku lo mgodi o sehlane, ni nga yisi isandhla kuye: ukuba a m opule esandhleni sabo, a m buyisele ku yise. **23** Kwa ti, uJosefa e se fikile ku bafo wabo, ba m hlubula uJosefa ingubo yake, ingubo e nemibala eminingi ayifakileyo;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Abafo wabo ba tengisa ngaye. UJuda u zala abantwana ngoShuwa.

24 ba m tabata, ba m ponsa emgodini: umgodi wa uze, ku ngeko manzi kuwo.

25 Ba hlalake ukuba ba dhle: ba se be pakamisa amehlo abo, ba bheka, nantike ihele lamaIshmayeli, li za, li vela kwa Giliyadi, namakamelo alo e twele amaka, nebalsamu nemure, li hamba li kwehlisela Egipite. 26 Wa s'e ti uJuda ku bafo wabo, Ku sizani uma si m bulala umfo wetu, si fihle igazi lake na? 27 Wozani, si tengise ngaye ku maIshmayeli, isandhla setu si nga bi pezu kwake; ngokuba u ngumfo wetu, inyama yetu. Ba m lalela abafo wabo. 28 Kwa ku dhlula abatengi ba kwa Midiyan; ba m donsa, ba m kipa uJosefa emgodini, ba tengisa ngaye uJosefa kuwo amaIshmayeli ngezinhlamvu zesiliva ezi ngamashumi amabili. A m yisa uJosefa Egipite.

29 URuben wa buyela emgodini, naku uJosefa wa e nga seko emgodini; wa s'e hxebula izingubo zake. 30 Wa s'e buyela ku bafo wabo, wa ti, Ka seko umntwana; minake ngo yapi na? 31 Ba se be tabata ingubo ka Josefa, ba bulala impongo, ba cwilisa ingubo egazini; 32 ba tumela ingubo e nemibala eminingi, ba yi yisa ku yise; ba ti, Si ku tolile loku: a ke u bone ukuba iyo ingubo yendodana yako yini na. 33 Wa yi bona, wa ti, Iyo ingubo yendodana yami; u dhliwe isilo esibi, uJosefa u dwenguliwe nokudwengulwa. 34 UJakobe wa s'e hxebula izingubo zake, wa faka indwangu yamasaka okalweni lwake, wa lilela indodana yake izinsuku eziningi. 35 Amadodana ake onke, namadodakazi ake onke, a suka a ya kumkuza; w'ala ukukuzwa; wa ti, Ngo za ng'ehlele eSheoli ngi ya endodaneni yami ngi lila. Uyise wa m kalelake. 36 Aba kwa Midiyan ba tengisa ngaye Egipite ku Potifare, inceku ka Faro, induna yemilindankosi.

38 Kwa ti nga leso sikati uJuda w'esuka ku bafo wabo, w'ehla wa ya ku muntu wa seAdulam, o gama lake li nguHira. 2 UJuda wa bona kona indodakazi yomuntu wa kwa Kanan igama layo nguShuwa; wa yi tabata, wa ya kuyo. 3 Ya kulelwa ya zala indodana; wa qamba igama layo ngokuti uEre. 4 Ya buya ya kulelwa ya zala indodana; ya qamba igama layo ngokuti uOnan. 5 Ya buya ya zala futi indodana; ya qamba igama layo ngokuti uShela: wa e seKezibe ekuyizaleni kwayo. 6 UJuda wa tabatela uEre, izibulo lake, umfazi, igama lake nguTamare. 7 Kepa uEre izibulo li ka Juda wa e mubi emehlweni ka Jehova; uJehova wa m bulala. 8 Wa s'e ti uJuda ku Onan, Yana ku mka mfo wenu, u m ngene, u m zalele umfo wenu inzalo. 9 UOnan w'azi ukuba inzalo a i yi kuba eyake; kwa t'uba a ye ku mka mfo wabo wa cita pansi, ukuba a nga m niki umfo wabo inzalo. 10 Kwa ba kubi emehlweni ka Jehova loko akwenzayo: wa m bulala naye. 11 Wa s'e ti uJuda ku Tamare, umalukazana wake, Hlala u ngumfelokazi endhlini ka yihlo, a ze a kule uShela indodana yami; ngokuba wa ti, Funa a fe naye, njengabafo wabo. UTamare wa ya, wa hlala kwabo.

12 Se ku dhlule izinsuku eziningi, ya fa indodakazi ka Shuwa, umka Juda, uJuda wa duduzeka, wa kupuka wa ya kwaba gunda izimvu zake eTimna, yena nomhlobo wake uHira wa seAdulam. 13 Kwa tshelwa uTamare ukuti, Nango, unyokozala e kupukela eTimna, u ya kugunda izimvu zake. 14 Wa s'e z'ambula izingubo zobufelokazi bake, wa zimboza ngolwembu, w'ambata, wa hlala esangweni la seEnayim nga sendhleleni e ya eTimna; ngokuba wa bona ukuti u se kulile uShela, e nga m nikwa ukuba a be umkake. 15 Wa ti ukumbona uJuda, wa ti u isifebe; ngokuba e mboze ubuso. 16 Wa s'e pambukela kuye endhleleni, wa ti, Mina bo, a ke ngi ye kuwe; ngokuba wa e ng'azi ukuti u ngumalukazana wake. Wa ti, U ya kungipani ukuba u ze kimi na? 17 Wa ti, Ngi ya kukutumela icwane lembuzi li semhlambini. Wa ti, U ya kunginika isibambiso kambe u ze u li

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

tume na? 18 Wa ti, Ngi ku nike isibambiso sini na? Wa ti, Indandato yako, nomsonto wako, nodondolo lwako olu sesandhleni sako. Wa m nikake, wa ya kuye, wa kulelwa ngaye. 19 Wa s'esuka, wa hamba wa lw'ambula ulwembu lwake, wa z'ambata izingubo zobufelokazi bake. 20 UJuda wa li yisake icwane lembuzi ngesandhla somhlobo wake wa seAdulam, ukuba a tabate isibambiso sake esandhleni sowesifazane: ka ze a m fumanisa. 21 Wa s'e buza ku bantu ba leyo ndawo, e ti, Sipi isifebe esa si seEnayim nga sendhleleni na? Ba ti, A ku zanga ku be kona isifebe lapa. 22 Wa buyela ku Juda, wa ti, A ngi m fumanisanga; nabantu ba leyo ndawo ba ti, A ku zanga ku be kona isifebe lapa. 23 Wa s'e ti uJuda, Ma ka zitatele sona funa si be nehlazo: bheka ngi li tumile leli cwane, kepa a u m fumanisanga.

24 Kwa ti ngasemva kwezinyanga ezintatu, kwa bikelwa uJuda ukuti, U febile uTamare umalukazana wako; futi nangoke u se kulelwe ngobufebe. Wa s'e ti uJuda, M kipeni, a shiswe. 25 E se kishiwe wa tumela ku ninazala, wa ti, Ngi kuleliswe umnini wa lezi zinto: wa ti, A k'u bone loku, ukuba oku ka bani na, le ndandato, na le misonto, na lolu dondolo. 26 Wa zi vumake uJuda, wa ti, U lunge kunami, ngokuba a ngi m yisanga ku Shela indodana yami. A bange e sa ya kuye futi. 27 Kwa ti ngesikati sokubeleta kwake, naku, amawele a e sesiswini sake. 28 Kwa ti ke e sa beleta omunye wa veza isandhla: umbeletisi wa tabata intambo e bomvu wa yi bopa esandhleni sake, wa ti, Yilo o qale ukupuma. 29 Kwa ti, e finyeza isandhla sake, nakoke, wa puma umfo wabo: wa ti, U fohleleni na? kwa qanjwa igama lake ngokuti uPerezi. 30 And'uba ku pume umfo wabo, owa e nentambo e bomvu esandhleni sake: igama lake la tiwa uZera.

39 UJosefa w'ehliselwa Egipite; uPotifare, inceku ka Faro, induna yemilindankosi, owa sEgipite, wa m tenga esandhleni samaIshmayeli, a be m ehlisele kona. 2 UJehova wa e naye uJosefa,wa e ngumuntu o nenhlanhla; e hlala endhlini yenkosi yake, umGipite. 3 Inkosi yake ya bona ukuti uJehova u naye, nokuti konke akwenzayo uJehova u ku hlanhlazelisile esandhleni sake. 4 Ngakoke uJosefa wa ba nesasasa kuyo, wa yi konza: ya m misa ukuba a be umbonisi endhlini yayo, nako konke okwayo ya ku beka esandhleni sake. 5 Kwa ti seloku i m misile ukuba a be umbonisi endhlini yayo, na kuko konke okwayo, uJehova wa busisa indhlu yowa sEgipite ngenxa ka Josefa; isibusiso si ka Jehova sa si kuko konke okwake, endhlini na sensimini. 6 Wa ku shiya konke okwake esandhleni si ka Josefa; wa be ng'azi luto lwake, ukudhla akudhlayo kupela. UJosefa wa e umbakababaka, e igeza.

7 Kwa ti ngasemva kwa lezi zinto, umka nkosi yake wa ponsa amehlo ku Josefa; wa ti, Lala nami. 8 W'ala, wa ti ku mka nkosi yake, Bheka, inkosi yami a i kwazi engi nako endhlini, i bekile esandhleni sami konke okwayo; 9 a i nkulu kunami ku le ndhlu; a i ngi nqabelanga na luto, wena kupela ngokuba u ngumkayo: po ngi ng'enza kanjani lobu bubi obungaka, ng'one ku Nkulunkulu na? 10 Kwa ti, e de e kuluma ku Josefa imihla ngemihla, a ka m lalela, ukuba a lale naye, nokuba a be naye. 11 Kwa ti nga lesi sikati wa ngena endhlini ukwenza umsebenzi wake; kwa ku ngeko noyedwa umuntu wendhlu kona pakati. 12 Wa s'e m bamba ngengubo yake, wa ti, Lala nami: wa shiya ingubo yake esandhleni sake, wa baleka, wa puma. 13 Wa ti ukubona ukuti u shiye ingubo yake esandhleni sake, wa baleka, 14 wa s'e biza abantu bendhlu yake, wa kuluma kubo, wa ti, Bhekani, u si letele umHeberu ukuba a dhlale ngati; u ze kimina, e ti a lale nami, nga se ngi memeza ngezwi elikulu: 15 wa ti ukuzwa ngi dazuluka ngi kala, wa shiya ingubo yake kimi, wa baleka, wa puma. 16 Wa s'e yi beka ingubo

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

yake nga kuye, ya za ya fika ekaya inkosi yake. 17 Wa s'e kuluma kuyo nga lawa mazwi, wa ti, Lesi sigqili umHeberu, owa si letela sona, si ze kimi, si ti a si dhlale ngami: 18 kwa t'ukuba ngi dazuluke, ngi kale, sa shiya ingubo yaso kimina, sa baleka.

19 Ya ti inkosi yake ukuzwa amazwi omkayo a wa kuluma kuyo e ti, Si ng'enzele njalo isigqili sako; lwa vuta ulaka lwayo. 20 Inkosi ka Josefa ya m tabata, ya m faka etilongweni, endaweni lapa zi boshwa kona iziboshwa zenkosi: wa ba kona etilongweni. 21 Kepake uJehova wa e naye uJosefa, wa m enzela isihau, wa m enza a be nesasasa enduneni yetilongo. 22 Induna yetilongo ya nikela esandhleni si ka Josefa iziboshwa zonke ezi setilongweni; nako konke abakwenzayo kona, kwa kwenziwa uyena. 23 Induna yetilongo a i bhekanga luto olu sesandhleni sake; ngokuba uJehova wa e naye; na loko akwenzayo, uJehova wa ku hlanhlazelisa.

40 Kwa ti ngasemva kwa lezi zinto umpatizitsha wenkosi ya sEgipite, nomosi wayo b'ona enkosini yabo, inkosi ya sEgipite. 2 UFaro wa zi tukutelela izinduna zake ezimbili, induna yabapatizitsha, nenduna yabosi. 3 Wa zi faka ekuboshweni, endhlini yenduna yemilindankosi, etilongweni endaweni lapa wa e boshwe kona uJosefa. 4 Induna yemilindankosi ya m yala uJosefa ukuba a zi bonise, wa zi konza: za hlala kona izinsuku ekuboshweni. 5 Kwa ti ke ba pupa ipupo bobabili, kwa ba ilowo elake ipupo, ngobusuku bunye, kwa ba ilowo njengokuhumshwa kwepupo lake, umpatizitsha nomosi benkosi ya sEgipite, aba be boshiwe etilongweni. 6 UJosefa wa ngena kubo kusasa, wa ba bona, nampo, be nyakeme. 7 Wa zi buza izinduna zi ka Faro eza zi naye ekuboshweni endhlini yenkosi yake, wa ti, Ubuso benu bubi ngani namhla na? 8 Ba ti kuye, Si pupe ipupo, a kako ongalihumshelayo. Wa ti kubo uJosefa, Inganti ukuhumshela ku ngoku ka Nkulunkulu na? A ke ni ngi lauzele lona.

9 Induna yabapatizitsha ya s'e i m lauzela uJosefa ipupo layo, ya ti kuye, Bheka, ekupupeni kwami umvini wa u pambi kwami; 10 a e semvinini amagatsha amatatu: kwa kungati u ya hluma u kahlela imbali, izihleke zawo za veza amavini avutiweyo: 11 indebe ka Faro ya i sesandhleni sami; nga wa tabata amavini, nga wa kamela endebeni ka Faro, nga yi nikeza indebe esandhleni si ka Faro. 12 Wa s'e ti uJosefa kuye, yiloku ukuhumshwa kwalo: lawo magatsha amatatu a ngamasuku amatatu; 13 emasukwini amatatu uFaro u ya kupakamisa ikanda lako, a ku buyisele esikundhleni sako: u nikeze indebe ka Faro esandhleni sake, njengokwenza kwako kwa kuqala lapo wa u ngumpatizitsha. 14 Kepa u ze u ngi kumbule nxa u su hlezi kahle, u ng'enzele isihau, u ngi pate na ku Faro, u ngi kipe ku le ndhlu: 15 ngokuba ng'ebiwa nokwebiwa ezweni lamaHeberu: na lapa futi a ng'enzanga luto ukuba ba ngi fake emgodini.

16 Induna yabosi, ya ti ukubona ukuti ukuhumshelwa kuhle, ya ti ku Josefa, Nami, be ngi sekupupeni kwami, nanko amaqoma amatatu esinkwa esimhlope e sekanda kimi: 17 eqomeni eli ngapezulu zi kona izidhlo zonke ezosiweyo zi ka Faro; izinyoni za zi dhla eqomeni pezu kwekanda lami. 18 Wa pendula uJosefa wa ti, Loku ku ukuhumshwa kwalo: lawa maqoma amatatu a ngamasuku amatatu; 19 emasukwini amatatu uFaro u ya kupakamisa ikanda lako, a li suse kuwe, a ku panyeke emtini; izinyoni zi dhle inyama yako zi yi suse kuwe. 20 Kwa ti ngosuku lwesitatu, lu ngusuku lokuzalwa lu ka Faro, wa z'enzela izinceku zake zonke idili: wa pakamisa ikanda lenduna yabapatizitsha, nekanda lenduna yabosi pakati kwezinceku zake. 21 Wa buyisela induna yabapatizitsha ekupaten'izitsha kwayo; ya nikeza indebe esandhleni si ka Faro: 22 kepa wa panyeka induna yabosi: njengaloko uJosefa a be ba

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UFaro u pupa izinkomo nezikwebu zamabele, u hunyushelwa uJosefa.

humshele ngako. 23 Noko induna yabapatizitsha a i m kumbulanga uJosefa, ya kohlwa uye.

41 Kwa t'uba i pele iminyaka emibili, uFaro wa pupa: bheka, wa e mi nga semfuleni. 2 Nako, kw'enyuka emfuleni izinkomazi ezi isikombisa, zi zinhle ekubukekeni, zi kulupele; za dhla emhlangeni. 3 Nazoke, ezinye izinkomazi ezi isikombisa z'enyuka emfuleni emva kwazo, zi zimbi ekubukekeni, z'ondile, z'ema kwezinye izinkomazi ogwini lomfula. 4 Izinkomazi ezimbi ekubukekeni ezondileyo za dhla izinkomazi ezi isikombisa ezinhle ekubukekeni, ezikulupeleyo. Wa s'e papama uFaro. 5 Wa buya wa lala wa pupa okwesibili: nazi izikwebu ezi isikombisa zi ncashela ezeleni linye, zi boxile, zi zinhle. 6 Nazoke izikwebu ezi isikombisa eziputileyo, zi hamukile ngomoya wa sempumalanga, zi ncashela emva kwazo. 7 Kwa ti izikwebu eziputileyo za gwinya izikwebu ezi isikombisa eziboxileyo ezipeleleyo. Wa s'e papama uFaro, kantike ipupo. 8 Kwa ti kusasa inhliziyo yake ya i si katazeka; wa s'e tuma wa biza izanusi zonke za sEgipite, nezazi zonke za kona: uFaro wa zi lauzela ipupo lake; kepa wa e ngeko o nga m humshela uFaro wona.

9 Ya se i kuluma induna yabapatizitsha ku Faro, i ti, Ngi ya kumbula namhla amacala ami: 10 uFaro wa e tukutelele izinceku zake, wa ngi faka ekuboshweni, endhlini yenduna yemilindankosi, mina nenduna yabosi: 11 sa pupa ipupo ngobusuku bunye mina naye; sa pupa kwa yilowo njengokuhumshwa kwepupo lake. 12 Kepa kwa ku kona nati insizwa, umHeberu, isigqili senduna yemilindankosi; sa yi lauzela, ya si humshelela amapupo etu; ya humshelela kwa yilowo njengepupo lake. 13 Kwa ti, njengaloko eya si humshelela ngako, kwa ba njalo; ya ngi buyisela mina esikundhleni sami, ya m panyeka yena.

14 Konake uFaro wa tuma wa m biza uJosefa; ba m sheshisa ba m kipa emgodini: wa pucula, wa pendulela ngezinye izingubo, wa ngena ku Faro. 15 Wa ti uFaro ku Josefa, Ngi pupe ipupo; a kako ongalihumshelayo: ngi zwile ku tiwa ngawe, inxa u zwa ipupo u nga li humshela. 16 UJosefa wa pendula uFaro, wa ti, A kuko kimi: uNkulunkulu u ya kumpendula ngobuhle uFaro. 17 Wa s'e ti uFaro ku Josefa, Ekupupeni kwami, bheka, be ngi mi ogwini lomfula: 18 nakoke, kw'enyuka emfuleni izinkomazi ezi isikombisa, zi kulupele, zi nhle ekubukekeni; za dhla emhlangeni: 19 nakoke, kw'enyuka ezinye izinkomazi ezi isikombisa emva kwazo, zi zacile, zimbi kakulu ekubukekeni, z'ondile; a ngi bonanga ngi bona ezimbi njenga lezo ezweni lonke la sEgipite: 20 kwa ti ke izinkomazi lezo ezondileyo nezimbi ekubukekeni za dhla izinkomazi ezi isikombisa ezandulelayo ezikulupeleyo: 21 ku te ke se zi ngene eziswini zazo, a ku bonakalanga ukuti zi ngene eziswini zazo; kodwa za ba zimbi ekubukekeni njengakuqala. Nga se ngi papama. 22 Nga bona ekupupeni kwami, nako, kwa ncashela izikwebu ezi isikombisa ezeleni linye, zi pelele, zi zinhle: 23 nakoke kwa ncashela emva kwazo izikwebu ezi isikombisa ezi izintshwamu, zi putile, zi hamukile ngomoya wa sempumalanga: 24 izikwebu lezo eziputileyo za gwinya izikwebu ezi isikombisa ezinhle: nga ku lauzela izanusi; kepa sa si ngeko esi nga ngi tshela kona.

25 Wa s'e ti uJosefa ku Faro, Linye ipupo li ka Faro: uNkulunkulu u m tshelile uFaro loko a za kukwenza. 26 Izinkomazi ezi isikombisa ezinhle zi iminyaka e isikombisa; nezikwebu ezi isikombisa ezinhle zi iminyaka e isikombisa; ipupo linye. 27 Izinkomazi ezi isikombisa ezondileyo ezimbi ekubukekeni, ez'enyuka emva kwazo, zi iminyaka e isikombisa; nezikwebu ezi isikombisa ezi ize ezihamukileyo ngomoya wa sempumalanga zi ya kuba iminyaka e isikombisa yendhlala. 28 Yilokoke engi ku shilo ku Faro: loko a za kukwenza uNkulunkulu u m bonisile uFaro. 29 Bheka,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ku y'eza iminyaka e isikombisa yenala enkulu ezweni lonke la sEgipite: **30** ngasemva kwayo i ya kuvela iminyaka e isikombisa yendhlala; i ya kukohlakala inala yonke ezweni la sEgipite; indhlala i ya kuqotula izwe; **31** inala a i yi kw'aziwa ezweni ngenxa yendhlala elandelayo; ngokuba i ya kubhaha kakulu. **32** Loku ipupo li pindwe kabili ku Faro, ku ngokuba le nto i qinisiwe uNkulunkulu, uNkulunkulu u ya kushesha a y'enze. **33** Kaloku uFaro a ka fune umuntu oqondileyo, ohlakanipileyo, a m mise pezu kwezwe la sEgipite. **34** A k'enze loku uFaro, a mise ababonisi ezweni, a tabate okwesihlanu kwa sezweni la sEgipite, ngeminyaka e isikombisa yenala. **35** A ka bute ukudhla konke kwa le minyaka emihle ezayo, amabele ba wa bekelele a be ukudhla emizini, esandhleni si ka Faro, ba ku londe. **36** Loko kudhla ku ya kubekelwa izwe ngenxa yeminyaka e isikombisa yendhlala, e za kuba sezweni la sEgipite; ukuba izwe li nga bubi ngenxa yendhlala.

37 Kwa ti leyo nto ya banhle emehlweni ka Faro, na semehlweni ezinceku zake zonke. **38** Wa s'e ti uFaro ezincekwini zake, Si nga tola yini o njenga lo, umuntu o nomoya ka Nkulunkulu na? **39** Wa s'e ti uFaro ku Josefa, Loku uNkulunkulu u kwazisile konke loku, a kuko muntu oqondayo, ohlakanipileyo njengawe: **40** wena u za kuba pezu kwendhlu yami; bonke abantu bami ba za kubuswa ngezwi lako: yi sesihlalweni kupela lapo ngo ba mkulu kunawe. **41** Wa s'e ti uFaro ku Josefa, Bheka, ngi ku mise pezu kwezwe lonke la sEgipite. **42** UFaro wa kumula indandato esandhleni sake, wa yi faka esandhleni si ka Josefa, wa m vunulisa izingubo zelineni elicolekileyo, wa faka umgexo wegolide entanyeni yake; **43** wa m kwelisa enqolaneni yesibili a e nayo; ba memeza pambi kwake, be ti, Guqani: wa m misa pezu kwezwe lonke la sEgipite. **44** Wa s'e ti uFaro ku Josefa, Ngi nguFaro, ngapandhle kwako a kuko muntu o ya kupakamisa isandhla sake, nonyawo lwake, ezweni lonke la sEgipite. **45** UFaro wa m qamba uJosefa igama, wa ti, uZafenati-panea; wa m nika uAsenati, ka Poti-fera umpristi wa seOn, ukuba a be umkake. UJosefa wa puma wa li hamba izwe la sEgipite.

46 UJosefa wa e neminyaka e ngamashumi amatatu, msukwana e ma pambi ku ka Faro inkosi ya sEgipite. UJosefa wa puma ebusweni bu ka Faro, wa hamba ezweni lonke la sEgipite. **47** Ngeminyaka e isikombisa yenala umhlaba wa tela ngobuningi. **48** Wa ku butake ukudhla konke kweminyaka e isikombisa, eya i kona ezweni la sEgipite, wa ku bekelela ukudhla emizini; ukudhla kwamasimu omuzi, a semaceleni awo, wa ku bekelela kuwo. **49** UJosefa wa bekelela amabele a ngangesihlabati solwandhle, amaningi kakulu, wa za wa yeka ukubala ngokuba a e nge nakubalwa. **50** UJosefa wa zala amadodana amabili, u nga ka fiki umnyaka wendhlala, a m zalela wona uAsenati, ka Poti-fera umpristi wa seOn. **51** UJosefa wa qamba igama lezibulo ngokuti uManase: e ti, Ngokuba uNkulunkulu u ng'enzile ngi kohlwe ukukandhleka konke kwami, nendhlu yonke ka baba. **52** Igama leyesibili wa li qamba ngokuti uEfrayim: e ti, Ngokuba uNkulunkulu u ngi cumisile ezweni lokuhlupeka kwami. **53** Ya se i pela iminyaka e isikombisa yenala, eya i sezweni la sEgipite. **54** Kwa qala ukufika iminyaka e isikombisa yendhlala, njengaloko a be ku shilo uJosefa: indhlala ya i semazweni onke; kepa kwa ku kona ukudhla ezweni lonke la sEgipite. **55** Kwa ti se li fa indhlala izwe lonke la sEgipite, abantu ba kalela ukudhla ku Faro: wa ti uFaro kwaba sEgipite bonke, Hambani, ni ye ku Josefa; n'enze loko a za kunitshela kona. **56** Ya ba kona indhlala ezweni lonke: uJosefa wa s'e vula imilindi yonke, wa tengela aba sEgipite; indhlala ya i kulile ezweni la sEgipite. **57** Kw'eza amazwe onke Egipite ukutenga amabele ku Josefa, ngo-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Abafo wabo ka Josefa ba fika ukutenga. Ku boshwa uSimeon.

kuba indhlala ya i kulile emhlabeni wonke.

42 Ayike uJakobe wa bona ukuti a kona amabele Egipite, wa ti uJakobe kuwo amadodana ake, Ni bukanelani na? **2** Wa ti, Bhekani, ngi zwile ukuti a kona amabele Egipite: yehlani ni ye kona, ni si tengele kona; ukuba si pile si nga fi. **3** B'ehlake abafo wabo ba ka Josefa aba ishumi, ba ya kotenga amabele Egipite. **4** Kepa uBenjamin, umnawe ka Josefa, uJakobe a ka m tumanga nabafo wabo; ngokuba wa ti, ingabe a ng'ehlelwa okubi. **5** A fikake amadodana ka Israeli e za kotenga kanye nabafikayo: ngokuba indhlala ya i sezweni la kwa Kanan. **6** UJosefa wa e ngumbusi ezweni; uyena owa b'e ba tengela bonke abantu bezwe. Ba fika abafo wabo ba ka Josefa, ba m kotamela be beka pansi ubuso. **7** Wa ba bona uJosefa abafo wabo, wa b'azi, kepa wa zishaya umfo nga kubo, wa kuluma kalukuni kubo; wa ti kubo, Ni velapi na? Ba ti, Si vela ezweni la kwa Kanan, si ze kotenga ukudhla. **8** UJosefa wa b'azi abafo wabo, kepa bona ka ba m azi yena. **9** UJosefa wa kumbula amapupo a wa pupa ngabo, wa ti kubo, Ni izinhloli; ni ze kobona ubuze bezwe. **10** Ba ti kuye, Ayi, nkosi, izinceku zako zi ze kotenga ukudhla. **11** Tina sonke si ngamadodana omuntu munye; si ngabaqoto, izinceku zako a zi sizo izinhloli. **12** Wa s'e ti kubo, Qa, ni ze kobona ubuze bezwe. **13** Ba ti, Izinceku zako zi izelamane ezi ishumi nambili, amadodana omuntu munye ezweni la kwa Kanan; bheka, omncinyane u sekaya ku baba na namhla, omunye ka seko. **14** Wa s'e ti kubo uJosefa, Yilokoke engi ku shilo kini ukuti, Ni izinhloli: **15** ni ya kutitinywa nga loku: ngi funga uFaro a ni soze na muka kupela nxa umnawe wenu e fika lapa. **16** Tumani omunye wenu, a m lande umfo wenu; ni za kuboshwa, yikona amazwi enu e za kutitinywa ukuba ni qinisile yini: nxa ku nge njalo, ni izinhloli, ngi funga uFaro. **17** Wa s'e ba faka bonke kanye kanye ekuboshweni izinsuku ezintatu.

18 Ngosuku lwesitatu uJosefa wa ti kubo, Yenzani loku, ni sinde; ngi ya m esaba uNkulunkulu: **19** nxa ni ngabaqoto, a ka boshwe omunye wabafo wenu endhlini yokuboshwa kwenu; kepa hambani ni yisele indhlala yezindhlu zenu amabele: **20** m leteni kimi umnawe wenu; amazwi enu a ya kuqiniswake, ni nga fi. B'enze njaloke. **21** Ba se be kulumisana be ti, Iqiniso si necala ngomfo wetu, ngokuba sa bona usizi lwenhliziyo yake, e si ncenga, ka sa mu zwa; yingaloko lolu sizi lu fike pezu kwetu. **22** Wa ba pendulake uRuben, wa ti, A ngi ni tshelanga yini ukuba, Ni nga m oni umfana; a ni zwanga? ngako, bheka, igazi lake se li bizwa. **23** Kepa ba be ng'azi ukuba uJosefa u ya b'ezwa; ngokuba kwa ku kona ihumusha emkatini wabo. **24** Wa ba fulatela, wa kala; wa s'e pindela kubo, wa kuluma nabo, wa tabata kubo uSimeon, wa m bopa emehlweni abo. **25** Wa s'e yaleza uJosefa e ti, izitsha zabo ma zi gcwaliswe ngamabele, imali ya lowo na lowo i buyiselwe emhlantini wake, ba piwe umpako wendhlela: kwenziwa njalo kubo.

26 Ba se be z'etwesa izimbongolo zabo ngamabele, b'emuka kona. **27** Wa ti ke omunye, e tukulula umhlanti wake ukuba a pe imbongolo yake ukudhla endaweni yokungenisa, wa bona imali yake; nanso i semlonyeni womhlanti wake. **28** Wa s'e ti ku bafo wabo, Imali yami i buyiselwe; nansi emhlantini wami: ya se i pel'amandhla inhliziyo yabo, ba pendukela omunye komunye be tutumela be ti, Ku yini loku uNkulunkulu a kwenze kitina na? **29** Ba fikake ku Jakobe uyise, ezweni la kwa Kanan, ba m landisa konke okwabehlelayo, ba ti, **30** Lo muntu o inkosi yezwe wa kuluma kalukuni kitina, wa si shaya izinhloli zezwe. **31** Sa ti kuye, Si ngabaqoto; a si sizo izinhloli: **32** si izelamane ezi ishumi nambili, amadodana ka baba: omunye ka seko, omncinyane u kona ku baba namhla, ezwe-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ni la kwa Kanan. **33** Wa s'e ti kitina lo muntu o inkosi yezwe, Ngi ya kwazi nga loku ukuba ni ngabaqoto: shiyani kimi omunye wabafo wenu, ni tabatele indhlala yezindhlu zenu, ni hambe; **34** ni ze ni m lete kimi umnawe wenu: yikona ngi ya kwazi ukuti a ni sizo izinhloli, kepa ni ngabaqoto: ngi ni nike umfo wenu, ni tenge ezweni.

35 Kwa ti se be tulula imihlanti yabo, naku, kwa ba ilowo isikwama sake semali si semhlantini wake: ba ti ukubona izikwama zemali, bona noyise, b'esaba. **36** Wa ti kubo uJakobe uyise, Ni ng'amukile abantwana bami: uJosefa ka seko, noSimeon ka seko, ni za kumtabata no-Benjamin: konke loku ku pezu kwami. **37** Wa s'e kuluma uRuben ku yise, e ti, Bulala amadodana ami omabili, nxa ngi nga m buyiseli kuwe: m nikele esandhleni sami, ngi ya kumbuyisela kuwe. **38** Wa ti, Indodana yami a i yi kwehla nani; ngokuba umfo wabo u file, i sele yodwa: uma yehlelwa okubi endhleleni eni ya kuhamba ngayo, kona ni ya kwehlisela ngosizi ubungwevu bami eSheoli.

43 Indhlala ya i bhahile ezweni. **2** Kwa ti se be qedile amabele aba be wa tate Egipite, wa ti uyise kubo, Buyelani, ni ye ni si tengele ukudhlana. **3** Wa kuluma kuye uJuda, wa ti, Lowo muntu wa sho kitina wa gamela, wa ti, A ni sa yi kubuya ni bone ubuso bami, kupela uma umfo wenu e nani. **4** Nxa u tuma nati umfo wetu si za kwehla si ku tengele ukudhla: **5** kepa nxa u nga m tumi, a si yi kwehla; ngokuba lowo muntu wa ti kitina, A ni sa yi kubuya ni bone ubuso bami kupela uma umfo wenu e nani. **6** Wa s'e ti uIsraeli, Na ng'enzelani okubi, ngokumtshela lowo muntu ukuti u kona omunye umfo wenu na? **7** Ba ti, Lowo muntu wa buza nokubuza ngati, na ngezihlobo zetu, e ti, U se kona uyihlo na? ni nomfo wenu omunye na? sa m tshela njenga lawa mazwi: sa si kwazi ngani ukuba u za kuti, Yehlisani umfo wenu, na? **8** Wa s'e ti uJuda ku Israeli uyise, Tuma umfana nami, si suke si hambe; yikona si ya kusinda si nga fi, tina, nawe, nezingane zetu futi. **9** Mina ngi ya kummelela; u ya kumbiza esandhleni sami: ko ti nxa ngi nga m buyiselanga kuwe, ngi nga m bekanga pambi kwako ngi be necala kuwe ku ze ku be nini: **10** ngokuba uma be si nga zindelanga nga se si buyele manje ngokwesibili. **11** Wa s'e ti kubo uIsraeli uyise, Uma ku njalo, yenzani loku: tabatani izitelo ezinhle zezwe ngezitsha zenu, ni m ehlisele lowo muntu isipo, ibalsamu eli ingcozana, nezinyosi ezi ingcozana, amaka, nemure, namapisetako, namayalemondi; **12** ni pate ngesandhla senu imali i pindwe kabili: na leyo mali eya buyiselwa emilonyeni yemihlanti yenu, ni yi pate ngesandhla senu; ingabe kwa ku isiposiso: **13** nomfo wenu ni m tate, ni suke, ni buyele ku lowo muntu: **14** uNkulunkulu uSomandhla a k'enze ukuba a be nesihe ngani lowo muntu, ukuba a ni dedelele umfo wenu omunye kanye noBenjamin. Uma mina ng'amukwa abantwana ngi ya kwamukwa. **15** Amadoda a tabata leso sipo, nemali e pindwe kabili a yi tabata ngesandhla sawo, noBenjamin; esuka, ehla a ya Egipite, ema pambi ku ka Josefa.

16 UJosefa wa t'ukumbona uBenjamin e kona nabo, wa ti ko bonisa indhlu yake, Ngenisa laba bantu endhlini, u hlabe, u lungise; ngokuba laba bantu ba za kudhla nami emini. **17** Lo muntu w'enza njengokusho ku ka Josefa; lo muntu wa ba ngenisa abantu endhlini ka Josefa. **18** B'esabake laba bantu, ngokuba ba ngeniswa endhlini ka Josefa; ba ti, Si ngeniswa ngenxa yemali eya buyiselwa emihlantini yetu kuqala, ukuze a tole ibhaxa ngati, a kwele pezu kwetu, a si tabate, tina nezimbongolo zetu, si be izigqili. **19** Ba sondela ku muntu o bonisa indhlu ka Josefa, ba kuluma naye nga semnyango wendhlu, **20** ba ti, Nkosi, s'ehla kuqala si ze kotenga ukudhla; **21** kwa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ti, se si fike endaweni yokungenisa, sa tukulula imihlanti yetu, nansoke, imali ya lowo na lowo emlonyeni womhlanti wake, imali yetu njengokulinganiswa kwayo: kepa si buye nayo esandhleni setu. 22 S'ehle nenye imali esandhleni setu yokutenga ukudhla: a s'azi ukuba imali yetu ya fakwa ubani emihlantini yetu. 23 Ya ti, Ma ku be kuhle kinina, ni ng'esabi: uNkulunkulu wenu, uNkulunkulu ka yihlo, wa ni nika ingcebo emihlantini yenu: nga yi tola imali yenu. Wa s'e kipela kubo uSimeon. 24 Lo muntu wa ngenisa abantu endhlini ka Josefa, wa ba nika amanzi, ba geza izinyawo zabo; nezimbongolo zabo wa zi pa ukudhla. 25 Ba se be lungisela isipo ukufika ku ka Josefa emini: ngokuba b'ezwa ukuti ba ya kudhla kona.

26 Kwa ti uJosefa e se fikile ekaya, ba ngenisa kuye endhlini isipo, esa si sesandhleni sabo, ba m kotamela pansi. 27 Wa s'e ba buza impilo yabo, wa ti, U hlezi kahle uyihlo na, ixegu ena kuluma ngalo? U se kona na? 28 Ba ti, Inceku yako, ubaba, i hlezi kahle, i se kona. Ba kotama, ba kuleka. 29 Wa pakamisa amehlo ake, wa bona uBenjamin, umfo wabo, indodana ka nina, wa ti, Yilo umnawe wenu, ena kuluma ngaye kimi na? Wa ti, UNkulunkulu a ka be nomusa kuwe, ndodana yami. 30 UJosefa wa shesha, ngokuba imibilini yake ya sha ngomnawe wake: wa funa indawo yokukala; wa ngena ekamelweni lake, wa kala kona. 31 Wa s'e geza ubuso bake, wa puma, wa zibamba, wa ti, Bekani ukudhla. 32 Ba se be m bekela yena ngokwake, na labo ngokwabo, naba sEgipite aba dhla naye ngokwabo: ngokuba aba sEgipite ba be nge dhle namaHeberu; ngokuba ku icilo loku kubo aba sEgipite. 33 Ba hlalake pambi kwake, ku izibulo njengobuzibulo balo, nomncinyane njengobuncane bake: ba bukana abantu be mangala. 34 Wa s'e ku tata okwa ku pambi kwake wa b'abela: kepa oku ka Benjamin kwa pindwa kahlanu kunabo bonke. Ba puzake b'enama kanye naye.

44 Wa s'e yalela o bonisa indhlu yake, e ti, Gcwalisa imihlanti ya laba bantu ngokudhla, njengamandhla abo okutwala, u fake ku be ilowo imali yake emlonyeni womhlanti wake. 2 Nendebe yami, indebe yesiliva wo yi faka emlonyeni womhlanti womncinyane, nemali yamabele ake. W'enza njengezwi li ka Josefa, a be li shilo. 3 Kwa ti se ku sile, ba mukiswa abantu, bona nezimbongolo zabo. 4 Se be pumile emzini, be nga ka bi kude, uJosefa wa ti ko bonisa indhlu yake, Suka, u landele laba bantu; uma u ba fica, yisho kubo ukuti, Ni pindiseleni okuhle ngokubi na? 5 Le a siyo inkosi yami e puza ngayo e bhula ngayo na? n'enze kabi ngokwenze njalo. 6 Wa ba ficake, wa sho kubo lawa mazwi. 7 Ba ti kuye, Inkosi yetu i sholoni la mazwi anje na? a ku be kude nezinceku zako ukuba z'enze njalo. 8 Bheka, imali esa yi fumana emilonyeni yemihlanti yetu, sa buya nayo ezweni la kwa Kanan, sa yi buyisela kuwe: po, si ng'eba kanjani isiliva negolide endhlini yenkosi yako na? 9 Lowo wezinceku zako e za kutolwa kuye, ma ka fe yena, nati si be izigqili zenkosi yetu. 10 Wa s'e ti, Na manje a ku be njengamazwi enu: lowo e za kutolwa kuye, u ya kuba isigqili sami; ni be msulwa nina. 11 Ba se be shesha, kwa yilowo w'etula pansi umhlanti wake, ilowo wa tukulula umhlanti wake. 12 Wa yalula, wa qala ngomkulu, wa gcina ngomncinyane: ya tolwake indebe emhlantini ka Benjamin. 13 Ba se be hxebula izingubo zabo, b'etwesa ilowo imbongolo yake, ba buyela emzini.

14 UJuda nabafo wabo b'eza endhlini ka Josefa; wa e se kona yena: ba ti mbo emhlabatini pambi kwake. 15 Wa ti uJosefa kubo, Isenzo sini lesi enisenzileyo na? be ni ng'azi yini ukuti umuntu o njengami a nga bhula nokubhula na? 16 Wa s'e ti uJuda, Si za kutini enkosini yetu na? Si za kukulumani na? si za kuzihlanguza

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kanjani na? uNkulunkulu u fumene ububi bezinceku zako: nakuke, si izigqili zenkosi yetu, tina, naye e tolwe esandhleni sake indebe. 17 Wa s'e ti kubo, Ma ku be kude kimi ukwenze njalo: lo muntu, e tolwe esandhleni sake indebe, u ya kuba isigqili sami; nina, hambani kahle, nenyukele ku yihlo.

18 UJuda wa s'e sondela kuye, wa ti, Au, nkosi yami, a ke i kulume inceku yako izwi ezindhlebeni zenkosi yami, lu nga vuti ulaka lwako ngenceku yako: ngokuba u ngangoFaro wena. 19 Inkosi yami ya buza izinceku zayo, i ti, Ni noyihlo, ni nomfo wenu na? 20 Sa se si ti enkosini yami, Si nobaba, ixegu, nomntwana wobuxegu bake, omncinyane; umne wabo ka seko, u se sele yedwa ku nina; uyise u ya m tanda. 21 Wa ti wena ezincekwini zako, M ehliseni ni m lete kimi, ukuba ngi beke amehlo ami kuye. 22 Sa ti enkosini yami, Umfana a nge m shiye uyise: nxa e m shiya uyise, uyise a nga fa. 23 Wa se u ti ezincekwini zako, nxa e ng'ehli nani umnawe wenu, a ni sa yi kubuya ni bone ubuso bami. 24 Kwa ti se si kupukele ku baba, inceku yako, sa m tshela amazwi enkosi yami. 25 Wa ti ubaba, Buyelani ni si tengele ukudhlana. 26 Sa ti, Si ng'ehle; uma umnawe wetu e hamba nati, si ya kwehla; ngokuba si nge bone ubuso ba lo muntu, uma umnawe wetu e ngeko kitina. 27 Ya ti kitina inceku yako, ubaba, Ni y'azi ukuti umkami wa ngi zalela amadodana amabili: 28 omunye wa puma kimi, nga ti, Impela u dwenguliwe nokudwengulwa; ku ze ku be manje a ngi m boni: 29 nxa ni m tabata na lo ni m suse kimi, ehlelwa ingozi, ni ya kwehlisela ngosizi ubungwevu bami eSheoli. 30 Ngakoke uma ngi fika encekwini yako, ubaba, umfana e ngeko kitina; loku inhliziyo yake i bambelele enhliziyweni yomfana, 31 ko ti e bona ukuti umfana a muko kitina, a fe: izinceku zako zi ya kwehlisela ngosizi ubungwevu benceku yako, ubaba, eSheoli. 32 Ngokuba inceku yako ya m melela umfana ku baba, ya ti, Nxa ngi nga m buyiselanga kuwe, ngi ya kuba necala ku baba ku ze ku be nini. 33 Ngakoke, a ke i hlale inceku yako endaweni yomfana, i be isigqili senkosi yami; a kupuke umfana nabafo wabo. 34 Ngokuba ngi za kukupukela kanjani ku baba, umfana e ngeko kimi na? funa ngi bone okubi oku za kumehlela ubaba.

45 Konake uJosefa wa e nge na kuzibamba pambi kwabo bonke abemiyo naye; wa memeza, e ti, Pumisani abantu bonke kimi. Kwa ku nge mi muntu naye, uJosefa e sa z'azisa ku bafo wabo. 2 Wa s'e kala e pumisela, b'ezwa aba sEgipite nendhlu ka Faro y'ezwa. 3 Wa s'e ti uJosefa ku bafo wabo, Ngi nguJosefa; ubaba u se kona na? Abafo wabo ba be nge na kumpendula; ngokuba ba kungateka pambi kwake. 4 Wa ti uJosefa ku bafo wabo, A ke ni sondele kimi. Ba sondela. Wa ti, Ngi nguJosefa umfo wenu, ena tengisa ngaye Egipite. 5 Kepa ni nga bi buhlungu kaloku, ni nga zitukuteleli ngokuba na tengisa ngami lapa: ngokuba uNkulunkulu wa ngi tuma pambi kwenu ukuba ku be kona ukusinda. 6 Ngokuba i se mibili iminyaka indhlala i kona ezweni: ku sa sele iminyaka e isihlanu, oku nga yi kulinywa ku vunwe ngayo. 7 UNkulunkulu wa ngi tuma pambili kwenu ukuba a ni londele insali emhlabeni, a ni sindise ngokukululwa okukulu. 8 Njaloke a ku yinina ena ngi tumela lapa; ku nguNkulunkulu: u ng'enze ngi be uyise ku Faro, ngi be inkosi yendhlu yonke yake, ngi buse ezweni lonke la sEgipite. 9 Sheshani ni kupuke, ni ye ku baba, ni ti kuye, U ti uJosefa, indodana yako, UNkulunkulu u ng'enze ngi be inkosi yEgipite lonke: yehla, u ze kimi, u nga libali; 10 u ya kwaka ezweni la seGoshen, u be seduze nami, wena nabantwana bako, nabantwana babantwana bako, nezimvu zako, nezinkomo zako, nako konke o nako: 11 ngi k'ondhle kona; ngokuba i sa sele iminyaka e isihlanu yendhlala; funa wehlelwe ubumpofu, wena nabendhlu yako, nako konke o

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nako. 12 Bhekani, amehlo enu a ya bona, namehlo omfo wetu uBenjamin ukuti, uwo umlomo wami o kuluma nani. 13 Ni ya kumtshela ubaba ngobukosi bonke bami Egipite, na ngako konke enikubonileyo: ni sheshe, ni m ehlisele ubaba lapa. 14 Wa s'e ncika entanyeni ka Benjamin, umfo wabo, wa kala; naye uBenjamin wa kala entanyeni yake. 15 Wa s'e b'anga abafo wabo bonke, wa kala pezu kwabo: ngasemva kwa loko abafo wabo ba kuluma naye.

16 Kw'ezwakala lelo lizwi endhlini ka Faro, lokuti, Ba fikile abafo wabo ka Josefa: kwa ba kuhle ku Faro, na kuzo izinceku zake. 17 Wa ti uFaro ku Josefa, Yisho ku bafo wenu ukuti, Yenzani loku: twesani izilwane zenu, ni hambe ni ye ezweni la kwa Kanan; 18 ni tabate uyihlo, nabezindhlu zenu, ni ze kimi: ngi ya kuninika ubuhle bezwe la sEgipite, ni dhle amanoni ezwe. 19 Kaloku u yaliwe, yenzani loku: tabatelani izingane zenu nomkenu izinqola ezweni la sEgipite, ni m kwelise uyihlo ni ze. 20 Futi ni nga kataleli impahla yenu; ngokuba obenu ubuhle bezwe lonke la sEgipite.

21 Enze njalo amadodana ka Israeli: uJosefa wa ba nika izinqola njengezwi li ka Faro, wa ba pa nompako wendhlela. 22 Wa ba pa bonke kwa ba ilowo izingubo zokupendulela; kèpa wa mu pa uBenjamin izinhlamvu zesiliva ezi ngamakulu amatatu, nezingubo zokupendulela ezi isihlanu. 23 Wa tuma na ku yise kanje: izimbongolo ezi ishumi zi twele okuhle kwa sEgipite, nezimbongolokazi ezi ishumi zi twele amabele nezinkwa, nompako ka yise wendhlela. 24 Wa ba mukisake abafo wabo, ba hamba: wa ti kubo, Ni nga xabani endhleleni. 25 Ba kupukake Egipite, ba fika ezweni la kwa Kanan, ku Jakobe uyise. 26 Ba m tshela ba ti, UJosefa u se kona, u ngumbusi wezwe lonke la sEgipite. Ya pel'amandhla inhliziyo yake, e nga kolwa ibo. 27 Ba se be m tatela amazwi onke ka Josefa, a be wa shilo kubo: wa ti ukubona izinqola uJosefa azitumileyo zokumtwala, ya se i ti gidi inhliziyo ka Jakobe uyise: 28 wa ti uIsraeli, Se kwanele; u se kona uJosefa, indodana yami: ngi za kuya kombona, ngi nga ka fi.

46 UIsraeli w'esuka nako konke okwake, wa fika eBere-sheba, wa nikela ku Nkulunkulu ka yise uIsaka imihlatshelo. 2 UNkulunkulu wa s'e kuluma ku Israeli ngemibono yobusuku, wa ti, Jakobe, Jakobe. Wa ti, Ngi kona. 3 Wa ti, Ngi nguNkulunkulu, uNkulunkulu ka yihlo: u ng'esabi ukwehlela Egipite; ngokuba ngi ya kukwenza u be isizwe esikulu kona: 4 ngi ya kwehlela nawe Egipite; ngi ya kubuya ngi kwenyuse nokukwenyusa: uJosefa u ya kubeka isandhla sake pezu kwamehlo ako. 5 UJakobe w'esuka eBere-sheba: amadodana ka Israeli a m twala uJakobe uyise, nezingane zawo, nomkawo, ngezinqola uFaro a zi tuma ukuyomtwala. 6 Ba tabata nemfuyo yabo, nempahla yabo, aba be yi zuzile ezweni la kwa Kanan, ba fika Egipite, uJakobe nayo yonke inzalo yake kanye naye: 7 amadodana ake, namadodana amadodana ake kanye naye, namadodakazi ake namadodakazi amadodana ake, nenzalo yake yonke wa yi yisa naye Egipite.

8 Yilawa amagama abantwana ba ka Israeli, aba fika Egipite, uJakobe namadodana ake: uRuben, izibulo li ka Jakobe. 9 Amadodana ka Ruben: uHanoki, noPalu, noHezeron, noKarmi. 10 Amadodana ka Simeon: uJemuweli, noJamin, noOhadi, noJakin, noZohari, noShaule indodana yowesifazana wa kwa Kanan. 11 Amadodana ka Levi, uGershon, noKohati, noMerari. 12 Amadodana ka Juda: uEre, noOnan, noShela, noPerezi, noZera; kepa uEre noOnan ba fa ezweni la kwa Kanan. Amadodana ka Perezi a be nguHezeron noHamuli. 13 Amadodana ka Isakare: uTola, noPuva, noYobi, noShimron. 14 Amadodana ka Zebulun: uSerede, noElon, noJaleli. 15 Yilawa amadodana ka Leya, a m zalela wona uJakobe ePadan-aram, naye uDina

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

indodakazi yake; amadodana ake namadodakazi ake a be abantu aba ngamashumi amatatu nantatu. 16 Amadodana ka Gadi: uZifiyon, noHagi, noShuni, noEzebon, noEri, noArodi, noAreli. 17 Amadodana ka Asheri: uImna, noIshva, noIshvi, noBeriya, noSera, udade wabo; amadodana ka Beriya: uHebere, noMalkiyeli. 18 Yilawa amadodana ka Zilipa, uLaban a m nika yena uLeya indodakazi yake; wa m zalela uJakobe wona, abantu aba ishumi nesitupa. 19 Amadodana ka Ratsheli umka Jakobe: uJosefa noBenjamin. 20 UJosefa wa zala uManase noEfrayim ezweni la sEgipite, a m zalela bona uAsenati ka Poti-fera, umpristi wa seOn. 21 Amadodana ka Benjamin: uBela, noBekere, noAshbeli, noGera, noNaman, noEhi, noRoshi, noMupim, noHupim, noArdi. 22 Yilawa amadodana ka Ratsheli a zalelwa uJakobe: bonke ba be abantu aba ishumi nane. 23 Amadodana ka Dan: uHushim. 24 Amadodana ka Nafetali: uJazeli, noGuni, noJezere, noShilem. 25 Yilawa amadodana ka Biliha, uLaban a m nika yena uRatsheli indodakazi yake, wa m zalela uJakobe wona: bonke ba be abantu aba isikombisa. 26 Abantu bonke aba fika naye uJakobe Egipite, aba puma okalweni lwake, ngapandhle kwabafazi bamadodana ka Jakobe, bonke ba be abantu aba ngamashumi a isitupa a nesitupa; 27 amadodana ka Josefa, a wa zalelwa Egipite, a be abantu ababili: abantu bonke bendhlu ka Jakobe, aba fika Egipite, ba be ngamashumi a isikombisa.

28 Wa tuma uJuda pambi kwake ku Josefa, ukuba a kombise indhlela pambi kwake ukuya eGoshen; ba fikake ezweni la seGoshen. 29 UJosefa wa s'e bopela inqolana yake w'enyuka ukumhlangabeza uIsraeli uyise, eGoshen; wa zibonakalisa kuye, wa ncika entanyeni yake, wa kalela entanyeni yake isikati. 30 Wa s'e ti uIsraeli ku Josefa, Se nga hle ngi fe manje, loku se ngi bonile ubuso bako ukuti kanti u se kona. 31 Wa s'e ti uJosefa ku bafo wabo na kuyo indhlu ka yise, Ngi za kwenyuka, ngi m tshele uFaro, ngi ti kuye, Ba fikile kimi abafo wetu, nendlu ka baba, aba be sezweni lā kwa Kanan; 32 kepa laba bantu ba ngabalusi, ngokuba ba ngabantu bemfuyo; ba fikile nezimvu zabo, nezinkomo zabo, nako konke aba nako. 33 Ku ya kuti, nxa uFaro e ni biza, a ti, U yini umsebenzi wenu na? 34 A no ti, Izinceku zako zi ngabantu bemfuyo, kwa sebusheni betu ku ze ku be manje, tina na obaba: yikona ni ya kuhlala ezweni la seGoshen; ngokuba abalusi bonke ba icilo kwaba sEgipite.

47 UJosefa wa s'e ngena wa m tshela uFaro, wa ti, U fikile ubaba, nabafo wetu, nezimvu zabo, nezinkomo zabo, nako konke aba nako, be vela ezweni la kwa Kanan; bheka se be sezweni la seGoshen. 2 Wa s'e tabata pakati kwabafo wabo amadoda a isihlanu wa wa yisa pambi ku ka Faro. 3 Wa ti uFaro ku bafo wabo, U yini umsebenzi wenu na? Ba ti ku Faro, Izinceku zako zi ngabalusi, tina na obaba. 4 Ba se be ti ku Faro, si ze ukuti gozololo ezweni; ngokuba a liko idhlelo lemihlambi yezinceku zako; ngokuba indhlala i bhahile ezweni la kwa Kanan: ngakoke izinceku zako a ke z'ake ezweni la seGoshen. 5 Wa s'e kuluma uFaro ku Josefa e ti, Uyise nabafo wenu ba fikile kuwe: 6 izwe la sEgipite li pambi kwako; m beke uyihlo nabafo wenu kwelihle izwe; ma b'ake ezweni la seGoshen: uma u b'azi aba nesu pakati kwabo, u b'enze ba be izikuza zezinkomo zami. 7 UJosefa wa ngenisa uJakobe uyise, wa m misa pambi ku ka Faro: uJakobe wa m busisa uFaro. 8 Wa ti uFaro ku Jakobe, Izinsuku zeminyaka yokuhamba kwako zi ngapi na? 9 Wa ti uJakobe ku Faro, Izinsuku zeminyaka yokuhlalahlala kwami zi iminyaka e ikulu namashumi amatatu: zi ingcozana, zimbi izinsuku zeminyaka yokuhamba kwami, a zi finyelelanga ezinsukwini zeminyaka yokuhamba kwa okoko bami emihleni yokuhlalahlala kwabo. 10 UJakobe wa m busisa uFaro, wa puma pambi ku ka Faro. 11 UJo-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Indhlala nomsebenzi ka Josefa.

sefa wa s'e beka uyise nabafo wabo, wa ba pa ifa ezweni la sEgipite, kwelihle izwe, ezweni li ka Rameses, njengokuyala ku ka Faro. 12 UJosefa wa m ondhla uyise nabafo wabo, nabendhlu yonke ka yise, ngokudhla, njengobuningi bezingane zabo.

13 Kwa ku ngeko kudhla ezweni lonke: ngokuba indhlala ya i bhahile kakulu; izwe la sEgipite, nezwe la kwa Kanan la fa ngenxa yendhlala. 14 UJosefa wa cosha imali yonke eya tolwa ezweni la sEgipite, na sezweni la kwa Kanan, ngamabele abawatengayo: uJosefa wa yisa imali endhlini ka Faro. 15 Kwa ti i si pelile imali ezweni la sEgipite, na sezweni la kwa Kanan, bonke aba sEgipite b'eza ku Josefa, ba ti, Si pe ukudhla: yini ukuba si ze si fe pambi kwako? imali yetu i si pelile. 16 Wa s'e ti uJosefa, Letani izinkomo zenu; ngi ya kuninika ngezinkomo uma i pelile imali. 17 Ba zi letake izinkomo zabo ku Josefa; uJosefa wa ba nika ukudhla ngamahashi, na ngezimvu, na ngezinkomo, na ngezimbongolo: wa ba pa ukudhla ngezinkomo zabo zonke nga lowo mnyaka. 18 Kwa ti se u pelile lowo mnyaka, b'eza kuye ngomnyaka wesibili, ba ti kuye, A si yi kufihla enkosini yami ukuti i si pelile imali yetu; nemihlambi yezinkomo ng'eyenkosi yami, a ku sa sele luto emehlweni enkosi yami, imizimba yetu, namazwe etu kupela; 19 yini ukuba si ze si fe emehlweni ako, tina namazwe etu na? a k'u si tenge tina namazwe etu ngokudhla; si za kuba izigqili zi ka Faro, tina namazwe etu: si nike imbeu, ukuba si sinde, si nga fi, nezwe li nga citeki.

20 Njaloke uJosefa wa m tengela uFaro izwe lonke la sEgipite; ngokuba bonke aba sEgipite ba tengisa ilowo izwe lake, ngokuba indhlala ya i kulile pezu kwabo: izwe la ba eli ka Faro. 21 Abantuke wa ba yisa emizini, e ba susa emkaulweni womncele omunye wa sEgipite, ku ze ku fike komunye umkaulo wawo. 22 Kupela izwe labapristi a nga li tenganga: ngokuba abapristi ba be nommiselo o vela ku Faro, ba dhla ummiselo wabo, a ba pa wona uFaro; ngako a ba tengisanga ngezwe labo. 23 Wa s'e ti uJosefa ku bantu, Bhekani, ngi ni tengele uFaro namhla nina nezwe lenu: nansike imbeu yenu, hlwanyelani umhlabati. 24 Ku ya kuti ngokuvuna, ni m nike uFaro okwesihlanu, okune ku be okwenu, ku be imbeu yamasimu, nokudhla kwenu, nokwezindhlu zenu, ku be ukudhla kwezingane zenu. 25 Ba ti, U si sindisile: kwa nga si nga ba nesasasa enkosini yami, si za kuba izigqili zi ka Faro. 26 UJosefa wa kwenza isimiso ngezwe la sEgipite, ku ze ku be namhla, ukuti uFaro u za kuba nokwesihlanu; kupela izwe labapristi lodwa, ela li nge silo eli ka Faro.

Izinsuku zokugcina zi ka Jakobe.

27 UIsraeli wa hlala ezweni la sEgipite, ezweni la seGoshen; ba zuza imfuyo kona, ba cunywa, b'anda kakulu. 28 UJakobe wa hlala ezweni la sEgipite iminyaka e ishumi nesikombisa: izinsuku zi ka Jakobe, iminyaka yokuhamba kwake, ya be iminyaka e ikulu neminyaka e ngamashumi amane a nesikombisa. 29 Kwa se ku sondela isikati a za kufa ngaso uIsraeli: wa biza indodana yake uJosefa, wa ti kuye, Uma ngi nesasasa kuwe a ke u beke isandhla sako pansi kwetanga lami, u ng'enzele isihau, neqiniso: ma u nga ngi mbeli Egipite; 30 kepa lapo se ngi lele na obaba, u ze u ngi kipe Egipite, u ngi mbele elibeni labo. Wa ti, Ngi ya kwenza njengokusho kwako. 31 Wa ti, Funga kimi: wa fungake kuye. UIsraeli wa s'e kotama esihlokweni sombede.

48 Kwa ti emva kwa lezi zinto kwa shiwo ku Josefa ukuti, Bheka, uyihlo u ya gula; wa tabata kanye naye amadodana amabili ake, uManase noEfrayim. 2 Kwa shiwo ku Jakobe ukuti, Nansi indodana yako uJosefa i za kuwe: uIsraeli wa ziqinisa, wa hlala embedeni. 3 Wa ti uJakobe ku Josefa, UNkulunkulu uSomandhla wa bonakala kimi eLuze ezweni la kwa Kanan, wa ngi busisa, 4 wa ti

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UJosefa u leta amadodana ake kuJakobe. U ya wa busisa.

kimi, Bheka, ngi ya kukucumisa, ngi kwandise, ngi kwenze u be ibandhla lezizwe; ngi ya kuyinika inzalo yako emva kwako leli zwe, li be ifa layo elimiyo njalo. 5 Kaloku amadodana amabili ako, a zalwa uwe ezweni la sEgipite, ngi nga ka fiki kuwe Egipite, a ngawami; uEfrayim noManase njengoRuben noSimeon, ba za kuba abami. 6 Kepa inzalo yako o ya kuyizala emva kwabo, i ya kuba eyako; i ya kubizwa ngegama labafo wabo efeni labo. 7 Kepa mina, ekusukeni kwami ePadan, nga felwa uRatsheli, ezweni la kwa Kanan endhleleni, ku se kashana ukufika eEfrati: nga m mbela kona endhleleni e ya eEfrati (eli iBetelehem).

8 UIsraeli wa s'e bona amadodana ka Josefa, wa ti, Obani laba na? 9 Wa ti uJosefa ku yise, Ba ngamadodana ami, uNkulunkulu a ngi nike wona lapa. Wa ti, A ke u ba lete kimi, ngi ba busise. 10 Kepake amehlo ka Israeli a e se fipele ngenxa yobudala, e nga sa boni. Wa ba sondeza kuye; wa b'anga, wa ba gona. 11 Wa ti uIsraeli ku Josefa, Nga ngi nga cabangi ukuti ngi sa yo bona ubuso bako: nakuke, uNkulunkulu u ngi bonisile nayo inzalo yako. 12 UJósefa wa s'e ba kipa pakati kwamadolo ake; wa kotama e beka pansi ubuso bake. 13 UJosefa wa s'e ba tabata bobabili, uEfrayim ngesokunene sake e ngakwesokohlo si ka Israeli, uManase ngesokohlo sake, e ngakwesokunene si ka Israeli, wa ba sondeza kuye. 14 UIsraeli w'elula isandhla sake sokunene, wa si beka ekanda li ka Efrayim, e ngomncane yena, nesokohlo ekanda li ka Manase, e zi pambanisa izandhla zake ngamabomu; ngokuba uManase wa be izibulo. 15 Wa m busisa uJosefa, wa ti, UNkulunkulu aba hamba pambi kwake obaba, uAbraham noIsaka, uNkulunkulu ong'ondhlileyo seloku nga vela ku ze ku be namhlanje, 16 ingelosi engihlengileyo ebubini bonke, a i busise abafana; ma ba bizwe ngegama lami, negama la obaba uAbraham noIsaka; ma b'ande ba be baningi pakati kwezwe. 17 Wa ti uJosefa ukubona ukuti uyise u beka esokunene ekanda li ka Efrayim, kwa ba kubi kuye: wa si pakamisa isandhla si ka yise, ukuba a si suse ekanda li ka Efrayim, a si beke ekanda li ka Manase. 18 Wa s'e ti uJosefa ku yise, Ayi, baba; ngokuba lo u izibulo; beka esokunene ekanda lake. 19 W'ala uyise, wa ti, Ngi y'azi, ndodana yami, ngi y'azi; naye u ya kuba isizwe, a be mkulu futi: kanti noko umnawe wake u ya kuba mkulu kunaye, inzalo yake i ya kuba izizwe eziningi. 20 Wa ba busisa nga lo mhla, wa ti, Ngawe uIsraeli u ya kubusisa, e ti, UNkulunkulu ka kwenze u be njengoEfrayim na njengoManase: wa m misa uEfrayim ngapambili ku ka Manase. 21 Wa ti uIsraeli ku Josefa, Bheka se ngi za kufa: kepa uNkulunkulu u ya kuba nani, a ni buyisele ezweni la oyihlo. 22 Kepa ngi ku nike wena isabelo ngapezu kwesabafo wenu, enga si tabata esandhleni somAmori ngenkemba yami na ngomnsalo wami.

49 UJakobe wa s'e biza amadodana ake, wa ti, Butanani, ngi ni tshele loko oku za kunehlela ngezinsuku zokugcina.

2 Qoqanani, ni zwe, madodana ka Jakobe;
Lalelani uIsraeli uyihlo.
3 Ruben, u izibulo lami wena, amandhla ami, ukuqala kwobudoda bami;
Ngqongqo yobukosi, ngqongqo yamandhla.
4 U pupuma njeng'amanzi, a u yi kuba na bungqongqo;
Ngokuba wa kwela embedeni ka yihlo;
Wa wona: wa kwela okukweni lwami.
5 USimeon noLevi ba izelamane;
Izinkemba zabo zi izikali zobudhlova.
6 Mpefumulo wami, u nga ngeni esigungwini sabo;
Ludumo lwami, u nga hlangani nenhlangano yabo;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukuprofeta ku ka Jakobe ngamadodana ake.

Ngokuba ngolaka lwabo ba bulala umuntu,
Ngobubhudhle babo ba gedhla inkabi umsipa.
7 A lu qalekiswe ulaka lwabo, ngokuba lwa lu vuta;
Nokutukutela kwabo, ngokuba kwa ku sabeka:
Ngi ya kubahlukanisa kwa Jakobe,
Ngi ba hlakaze kwa Israeli.
8 Juda, wena, abafo wenu ba ya kukudumisa:
Isandhla sako si ya kuba sesidhlozini sezita zako:
Amadodana ka yihlo a ya kukotama pambi kwako.
9 UJuda u iundhlu lengonyama;
Ndodana yami, w'enyukile enyamazaneni:
Wa ti butalala yena, wa ti cashalala njengengonyama,
Njengengonyamakazi u ya kuvuswa ubani na?
10 Intonga yobukosi a i yi kusuka ku Juda,
Nozime lombusi pakati kwezinyawo zake,
A ze a fike uShilo;
Ukulalela kwabantu ku za kuba kuye.
11 E kuleka itole lake emvinini,
Netole lembongolo yake emvinini omuhle;
U hlanzile izingubo zake ngewayini,
Nezambato zake ngegazi lamavini:
12 Amehlo ake a ya kuhxwela iwayini,
Amazinyo ake a be mhlope ubisi.
13 UZebulun u za kwaka nga setekwini lolwandhle;
A be iteku lemikumbi;
Umkaulo wake u ya kuba seSidon.
14 UIsakare u imbongolo e namandhla,
E ti butalala emkatini wezibaya zezimvu:
15 Wa bona indawo yokupumula ukuba inhle,
Nezwe ukuti li mnandi;
Wa tobisa ihlombe lake ukuba a twale,
Wa ba isigqili esihxanyelwa umsebenzi.
16 UDan u ya kuteta amacala abantu bake
Njengesinye sezizwe za kwa Israeli.
17 UDan u ya kuba inyoka emendweni,
Inhlangwana endhleleni,
E luma izinyawo zehashi,
A we nyovane olikwelayo.
18 Ngi hlalele usindiso lwako, Jehova.
19 UGadi, iviyo li ya kumcindezela;
Kepa u ya kucindezela isitende salo.
20 Ku ya kuvela ku Asheri ukudhla kwake okunonileyo,
U ya kuveza izibiliboco zamakosi.
21 UNafetali u indhluzelekazi e nobelo:
U veza amazwi amnandi.
22 UJosefa u ingaba etelayo,
Ingaba etelayo nga semtonjeni;
Amagatsha ake a kwela odongeni.
23 Abacibisheli ba m hlalise kabi kakulu,
Ba m ponsa, ba m zingela:
24 Kepa umnsalo wake wa hlala u qinile,
Nemikono yezandhla zake ya qiniswa
Izandhla zomNinimandhla ka Jakobe;
(La ku vela umalusi, itshe li ka Israeli),
25 Nguye uNkulunkulu ka yihlo, o za kukusiza,
USomandhla, o za kukubusisa,
Ngezibusiso zezulu eli pezulu
Na ngezibusiso za kwa totololo o te cashalala ngapansi,
Na ngezibusiso zamabele nezesisu.
26 Izibusiso zi ka yihlo
Zi namandhla kunezibusiso za okoko bami
Ku ze ku be semkaulweni wezintaba ezimiyo njalo:
Zi ya kuba pezu kwekanda li ka Josefa,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukufa kuka Jakobe; u yiswa eMakapela. UJosefa u tetelela abafo wabo.

Na sokakayini lwekanda lake owa hlukaniswa ku bafo wabo.

27 UBenjamin u impisi edwengulayo:
Kusasa u ya kudhla akubambileyo,
Kusihlwa u ya kwaba akupangileyo.

28 Laba bonke ba izizwe ezi ishumi nambili za kwa Israeli: yiloku uyise akushoyo kubo, wa ba busisa; wa ba busisa kwa ba ilowo njengesibusiso sake. 29 Wa ba yala, wa ti kubo, Se ngi ya kwelekelwa ku bantu ba kiti: ni boze ni ngi mbele kobaba emhumeni o sezweni li ka Efron umHiti, 30 emhumeni o sezweni la seMakapela, eli pambi kweMamre, ezweni la kwa Kanan, uAbraham awutengayo kanye nezwe ku Efron umHiti ku be indawo yake yokumbela. 31 Ba mbela kona uAbraham noSara umkake; ba mbela kona uIsaka noRebeka umkake; nga mbela kona noLeya—32 izwe nomhume o kulo, okwa tengwa kwaba kwa Heti. 33 Wa t'uba a qede uJakobe ukuyala amadodana ake, wa finyeza izinyawo zake embedeni, wa gqabuka, w'elekelwa ku bantu ba kubo. 1 UJosefa wa s'e wa ebusweni bu ka yise, wa kalela pezu kwake, wa m anga. 2 UJosefa wa s'e yala abantu bake, izinyanga, ukuba zi gqumise ngemiti uyise: izinyanga za m gqumisa uIsraeli. 3 Za pelelake izinsuku ezi ngamashumi amane; ngokuba zi pelela kanjalo izinsuku zokugqumisa: aba sEgipite ba m kalela izinsuku ezi ngamashumi a isikombisa.

4 Kwa ti se zi dhlulile izinsuku zokumkalela, uJosefa wa kuluma nendhlu ka Faro, wa ti, Uma ngi nesasasa kini, a ke ni kulume ezindhlebeni zi ka Faro, ni ti, 5 Ubaba wa ngi fungisa, wa ti Bheka, se ngi za kufa: etuneni lami, enga zimbela lona ezweni la kwa Kanan, u ya kungimbela kona. A ke ngi kupuke, ngi ye kombela ubaba, ngi buye. 6 Wa ti uFaro, Kupuka, u ye kombela uyihlo, njengaloko a ku fungisa ngako. 7 UJosefa wa s'e kupuka ukuyombela uyise; kwa kupuka naye izinceku zonke zi ka Faro, namalunga endhlu yake, namalunga onke ezwe la sEgipite, 8 nendhlu yonke ka Josefa, nabafo wabo, nendhlu ka yise: kupela izingane zabo, nezimvu zabo, nezinkomo zabo ba ku shiya ezweni la seGoshen. 9 Kwa kupuka naye izinqolana nabakwel'amahashi: kwa ba ibandhla elikulu kakulu. 10 Ba ya, ba fika esibuyeni si ka Atadi esi ngapesheya kweJordan, ba kala kona ngokukala okukulu, okunzima kakulu: wa m enzela uyise isililo izinsuku ezi isikombisa. 11 Abakileyo ezweni, amaKanan, se be bonile isililo esibuyeni si ka Atadi, ba ti, Loku ku isililo esikulu kwaba sEgipite: ngako igama la leyo ndawo la tiwa iAbelemizerayim, eli ngapesheya kweJordan. 12 A ti amadodana ake a m enzela njengaloko a wa yalela kona: 13 ngoba amadodana ake a m yisa ezweni la kwa Kanan, a m mbela emhumeni o sezweni la seMakapela, uAbraham awutengayo kanye nezwe, ku Efron umHiti, ku be indawo yake yokumbela, pambi kweMamre. 14 UJosefa wa s'e buyela Egipite, yena nabafo wabo, nabo bonke aba kupuka naye ukuyombela uyise, ngasemva kwokumbela kwake uyise.

15 Abafo wabo ka Josefa, be bona ukuba u file uyise, ba ti, Mhlaumbe uJosefa u ya kusizonda, a pindise nokupindisa ngokubi konke esa kwenza kuye. 16 Ba se be tuma izwi ku Josefa, ba ti, Uyihlo, e nga ka fi, wa yala, wa ti, 17 Ni ya kusho ku Josefa ukuti, A ke u tetelele abafo wenu isipambuko sabo, nokwona kwabo, ngokuba ba kwenzela okubi. Kaloku, a ke u tetelele izinceku zi ka Nkulunkulu ka yihlo, isipambuko sazo. UJosefa wa kala ngokukuluma kwabo kuye. 18 Futi abafo wabo ba se be ya kuye, ba wa pansi pambi kwobuso bake; ba ti, Bheka, si izigqili zako. 19 Wa s'e ti uJosefa kubo, Musan'ukwesaba: ngi sendaweni ka Nkulunkulu na? 20 Ehe nina, na ngi cebela okubi; kodwa uNkulunkulu wa ceba okuhle ngako, ukuba a kwenze

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukufa ku ka Josefa.

ku be njenga namhla, ukuba a sindise abantu abaningi. **21** Kaloku ni ng'esabi: ngi za kunondhla, nina nezingane zenu. Wa ba duduza, wa kuluma ezinhliziyweni zabo.

22 UJosefa w'aka Egipite, yena nendhlu ka yise: uJosefa wa hamba iminyaka e ikulu neshumi. **23** UJosefa wa bona abantwana ba ka Efrayim besizukulwane sesitatu: nabantwana ba ka Makiri ka Manase ba zalelwa ematangeni ka Josefa. **24** Wa s'e ti uJosefa ku bafo wabo, Se ngi za kufa; kodwa uNkulunkulu u ya kunihambela nokunihambela, a ni kipe ku leli zwe, a ni yise ezweni, a li fungela ku Abraham, noIsaka, noJakobe. **25** UJosefa wa s'e fungisa aba kwa Israeli, e ti, UNkulunkulu u ya kunihambela nokunihambela, ni wa kupule amatambo ami lapa. **26** Wa s'e fa uJosefa, e neminyaka e ikulu neshumi: ba m gqumisa ngemiti, wa fakwa empongolweni Egipite.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

IEKSODUS

Aba kwa Israeli Egipite. Ukuzalwa ku ka Moses, nokutolwa kwake.

1 Yilawa amagama amadodana ka Israeli, a fika Egipite (ku yilowo e fike nendhlu yake be noJakobe): **2** uRuben, uSimeon, uLevi, noJuda, **3** uIsakare, uZebulun, noBenjamin, **4** uDan noNafetali, uGadi noAsheri. **5** Bonke abantu aba puma okalweni lu ka Jakobe ba be abantu aba ngamashumi a isikombisa: uJosefa wa e se sEgipite. **6** Wa fa uJosefa, nabo bonke abafo wabo, naso sonke leso sizukulwane. **7** Aba kwa Israeli ba cunywa b'anda kakulu, ba vama, ba ba namandhla kakulu; izwe la gcwala bona.

8 Kwa vela inkosi entsha Egipite, e nga m azi uJosefa. **9** Ya ti ku bantu bayo, Bhekani, abantu ba kwa Israeli ba ningi, ba namandhla kunati: **10** minani, a si ba hlakanipele, funa b'ande, ku ze ku ti, nxa ku liwa, ba hlangane nezita zetu, ba lwe nati, ba muke ezweni. **11** Njaloke ba ba misela ababahxamelayo ukubahlupa ngemitwalo. Ba m akela uFaro imizi yokubekelela, iPitom neRameses. **12** Kepa ngokubahlupa kwabo, kwa ba yikona b'anda ba sabalala. Ba ba novalo ngaba kwa Israeli. **13** Aba sEgipite ba ba konzisa kalukuni aba kwa Israeli: **14** ba ba hlalisa kabi ngemisebenzi esindayo odakeni na sesitinini, na senkonzweni yonke emasimini, enkonzweni yonke yabo, aba ba konzisa ngayo kalukuni.

15 Inkosi ya sEgipite ya kuluma nababeletisi bamaHeberu, igama lomunye nguShifra, igama lomunye nguPua: **16** ya ti, Nxa ni beletisa amaHeberu, ni wa bone e sezihlalweni zokubeleta; uma ku umfana, a no m bulala; kepa uma ku intombazana, a i pile. **17** Kepa ababeletisi ba m esaba uNkulunkulu, a b'enzanga njengokusho kwenkosi ya sEgipite kubo, ba ba sindisa abafana. **18** Inkosi ya sEgipite ya biza ababeletisi, ya ti kubo, N'enzeleni loku, ukusindisa abafana na? **19** Ababeletisi ba ti ku Faro, Ngokuba abesifazana bamaHeberu ka ba fani nabesifazana ba sEgipite, ba qinile, ba beleta e nga ka fiki kubo umbeletisi. **20** UNkulunkulu wa ba pata kahle ababeletisi. Abantu b'anda, ba ba namandhla kakulu. **21** Kwa ti, ngokuba ababeletisi ba m esaba uNkulunkulu, wa ba vusela imizi. **22** UFaro wa ba yala abantu bake bonke, wa ti, Abafana bonke abazalwayo no ba ponsa emfuleni, ni sindise amantombazana onke.

2 Kw'esuka umuntu wendhlu ka Levi, wa tabata intombi ya kwa Levi. **2** Lo wesifazana wa kulelwa, wa zala indodana: wa ti ukuyibona ukuti inhle, wa yi tukusa izinyanga ezintatu. **3** E nga se na kuyitukusa, wa yi tabatela isikebhe sekwani, wa si huqa ngebitume na ngetiye: wa beka umntwana kuso: wa si beka pakati kwebuma ogwini lomfula. **4** Udade wabo w'ema kude, ukubona ukuba ku za kwenziwani kuye. **5** Indodakazi ka Faro y'ehlela ukugeza emfuleni; amantombazana ayo a gudhla umfula; ya bona isikebhe pakati kwebuma, ya tuma isigqili sayo ukusitabata. **6** Ya si vula, ya bona umntwana: nansoke ingane i kala. Ya yi haukela, ya ti, Lo u ngowa ku bantwana bamaHeberu. **7** Wa s'e ti udade wabo kuyo indodakazi ka Faro, Ngi hambe yini ngi ku bizele umzanyana kuwo amaHeberu, a ku ncelisele umntwana na? **8** Ya se i ti indodakazi ka Faro kuye, Hamba. Y'esukake intombazana, ya ya, ya biza unina womntwana. **9** Ya se i ti indodakazi ka Faro kuye, Hamba na lo mntwana, u ngi ncelisele yena, ngi ya kukukokela. Owesifazana wa tabata umntwana, wa m ncelisa. **10** Umntwana wa kula, wa m yisa kuyo indodakazi ka Faro, wa ba indodana yayo. Ya qa-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UMoses u baleka Egipite; u ya kwa Midiyan. Isihlahla esivutayo.

mba igama lake ngokuti uMoses, ya ti, Ngokuba ngi m enyule emanzini.

11 Kwa ti nga lezo zinsuku, uMoses e se kulile, wa puma wa ya ku bafo wabo, wa buka imitwalo yabo: wa bona owa sEgipite e shaya umHeberu, omunye ku bafo wabo. **12** Wa ti qalaqala, e se bona ukuti a kuko muntu, wa m bulala owa sEgipite, wa m tukusa esihlabatini. **13** Wa buya wa puma ngosuku lwesibili, nakoke amadoda amabili amaHeberu e xabene: wa ti koshingayo, U m shayelani owakini na? **14** Wa ti, U bekwe ubani u be isikulu nomahluli pezu kwetu na? u ti u zo ngi bulala nami njengaloko u m bulele owa sEgipite na? Wa s'esaba uMoses, wa ti, Impela i yaziwa le ndaba. **15** UFaro e se zwile le ndaba, wa funa ukumbulala uMoses. Kepa uMoses wa baleka ebusweni bu ka Faro, wa yo hlala ezweni la kwa Midiyan: wa hlala pansi nga semtonjeni.

16 Ayike umpristi wa kwa Midiyan wa e namadodakazi a isikombisa: a fika, aka amanzi, a gcwalisa imikombe ukuba a puzise izimvu zi ka yise. **17** Kwa fika abalusi, ba wa xosha; kepa w'esuka uMoses, w'ema wa wa peleka, wa puzisa izimvu zawo. **18** E se fikile ku Rehuweli uyise, wa ti, Kwenziwa yini ukuba ni sheshe ni buye namhlanje? **19** A ti, Umuntu wa sEgipite wa s'opula esandhleni sabalusi, futi wa si kelela amanzi, wa puzisa izimvu. **20** Wa ti ku madodakazi ake, Upi po? ni m shiyeleni lowo muntu na? m bizeni, a zo kudhla. **21** UMoses w'aneliswa ukuhlala na lowo muntu: wa s'e m nika uMoses uZipora, indodakazi yake. **22** Wa zala indodana, wa qamba igama layo ngokuti uGershom; ngokuba wa ti, Be ngi te gozololo ezweni labezizwe.

23 Kwa ti, se ku dhlulile izinsuku eziningi, inkosi ya sEgipite ya fa: aba kwa Israeli ba bubula ngenxa yobugqili, ba kala, ukukala kwabo kw'enyukela ku Nkulunkulu ngenxa yobugqili babo. **24** UNkulunkulu w'ezwa ukububula kwabo, uNkulunkulu wa kumbula isivumelwano sake noAbraham, noIsaka, noJakobe. **25** UNkulunkulu wa bona aba kwa Israeli, uNkulunkulu wa b'azi.

3 UMoses wa be 'alusa izimvu zi ka Jetro, umkwe wake, umpristi wa kwa Midiyan: wa quba izimvu wa ya le ehlane, wa fika entabeni ka Nkulunkulu, eHorebe. **2** Kwa bonakala kuye ingelosi ka Jehova elangabini lomlilo pakati kwesihlahla: wa buka, nasi isihlahla si vuta umlilo, isihlahla si nga peli. **3** Wa s'e ti uMoses, Ngi zo pambuka, ngi ye, ngi bone lo mhlola omkulu, ukuba isihlahla a si shi ngani? **4** UJehova e se bonile ukuti u pambukile ukuba a bone, uNkulunkulu wa m biza e pakati kwesihlahla, wa ti, Moses, Moses. Wa ti, Ngi kona. **5** Wa ti, Mus'ukusondela lapa: kumula izicatulo zako ezinyaweni zako; ngoba indawo o mi kuyo, i ngumhlabati ongcwele. **6** Futi wa ti, Ngi nguNkulunkulu ka yihlo, uNkulunkulu ka Abraham, uNkulunkulu ka Isaka, noNkulunkulu ka Jakobe. UMoses wa s'e sita ubuso bake; ngokuba w'esaba ukubheka uNkulunkulu. **7** Wa ti uJehova, Ngi ku bonile nokukubona ukuhlupeka kwabantu bami aba kona Egipite, ngi zwile ukukala kwabo ngenxa yababahxamelayo; ngoba ngi ya z'azi izinsizi zabo. **8** Ng'ehlile ukuba ngi ba kulule esandhleni saba sEgipite, ngi b'enyuse ku lelo zwe, ngi ba yise ezweni elihle, elibanzi, ezweni eli vame ubisi nezinyosi; endaweni yamaKanan, namaHiti, namaAmori, namaPerizi, namaHivi, namaJebusi. **9** Bhekake ukukala kwaba kwa Israeli ku fikile kimi: futi ngi ku bonile ukubandezeleka kwabo be bandezelwa aba sEgipite. **10** Minake, ngi za kukutumela ku Faro, ukuba u ba kipe Egipite abantu bami, aba kwa Israeli. **11** Wa s'e ti uMoses ku Nkulunkulu, Ngi ngubani mina, ukuba ngi ye ku Faro, ngi kipe aba kwa Israeli Egipite? **12** Wa ti, Impela ngo ba nawe; naku oku za kuba isibonakaliso kuwe sokuti ngi ku tumile: nxa u ba kipile abantu Egipite, ni ya kumkonza uNkulunkulu ku le ntaba.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UMoses u tunyelwa ukusindisa aba kubo. U nikwa izibonakaliso.

13 Wa ti uMoses ku Nkulunkulu, Bheka, nxa ngi fika kwaba kwa Israeli, ngi ti kubo, UNkulunkulu wa oyihlo u ngi tumile kini, ba ti kimi, Ubani igama lake na? ngi za kutini kubo na? 14 UNkulunkulu wa ti ku Moses, NGI YIKO ENGI YIKO: wa ti, u ya kusho kwaba kwa Israeli, u ti, UNGIYIKO u ngi tumile kini. 15 UNkulunkulu wa buya wa ti ku Moses, U ya kusho kwaba kwa Israeli, u ti, UJehova, uNkulunkulu wa oyihlo, uNkulunkulu ka Abraham, uNkulunkulu ka Isaka, noNkulunkulu ka Jakobe, u ngi tumile kini: yileli igama lami ku ze ku be nini, yilesi isikumbuzo sami ezizukulwaneni zonke. 16 Hamba, u bute amalunga a kwa Israeli, u ti kuwo, UJehova, uNkulunkulu wa oyihlo, uNkulunkulu ka Abraham, noIsaka noJakobe u bonakele kimi, wa ti, Ngi ni hambele nokunihambela, nga bona loko okwenziwa kini Egipite: 17 ngi shilo, nga ti, Ngi ya kunikipa ekuhlupekeni kwa sEgipite, ngi n'enyusele ezweni lamaKanan, namaHiti, namaAmori, namaPerizi, namaHivi, namaJebusi, ezweni eli vame ubisi nezinyosi. 18 Ba ya kulalela izwi lako: wo ya wena, namalunga a kwa Israeli enkosini ya sEgipite, ni ti kuyo, UJehova, uNkulunkulu wamaHeberu, u se ke wa hlangana nati: a ke u si yeke, si hambe, si ye ehlane ibanga lezinsuku ezintatu, si m hlabele uJehova, uNkulunkulu wetu. 19 Kepa ngi y'azi ukuti inkosi ya sEgipite a i soze ya ni vumela ukuba ni hambe, qa, na ngesandhla esi namandhla. 20 Ngo ti ng'elule isandhla sami, ngi bulale iGipite ngemimangaliso yami yonke, engi ya kuyenza pakati kwalo: emva kwa loko i ya kuniyeka, ni hambe. 21 Ngi ya kubenza laba bantu ba be nesasasa kwaba sEgipite: ku ya kuti, nxa ni hamba, ni nga hambi ni nga pete luto: 22 kepa ilowo owesifazana u ya kucela ku makelwane wake, na k'ote gozololo endhlini yake, impahla yesiliva, nempahla yegolide, nezingubo: ni ya kuzifaka ku madodana enu, na ku madodakazi enu; ni b'amuke aba sEgipite.

4 UMoses wa pendula wa ti, Kodwa, bheka, a ba yi kukolwa imi, a ba yi kulalela izwi lami; ngoba ba ya kuti, UJehova ka bonakalanga kuwe. 2 UJehova wa ti kuye, Ku yini loku oku sesandhleni sako na? Wa ti, Yinduku. 3 Wa ti, Yi ponse pansi. Wa yi ponsa pansi, ya penduka inyoka; uMoses wa yi balekela. 4 UJehova wa ti ku Moses, Yelula isandhla sako, u yi bambe ngomsila: (wa s'elula isandhla sake, wa yi bamba, ya penduka induku esandhleni sake); 5 ukuze ba kolwe ukuti uJehova, uNkulunkulu wa oyise, uNkulunkulu ka Abraham, uNkulunkulu ka Isaka, noNkulunkulu ka Jakobe, u bonakele kuwe. 6 UJehova wa s'e ti kuye futi, Faka isandhla esifubeni sako. Wa si faka isandhla esifubeni sake: u te e si kipa, nasoke, isandhla sake sa si nocoko, si njengongqoqwane. 7 Wa ti, Faka isandhla esifubeni sako futi. (Wa buya wa si faka isandhla esifubeni sake; wa ti ukusikipa esifubeni sake, nasi ke si pendukile si njengenyama yake yonke). 8 Ku ya kuti, uma be nga kolwa uwe, be nga lalele izwi lesibonakaliso sokuqala, ba ya kukolwa izwi lesibonakaliso samuva. 9 Ku za kuti, uma be nga kolwa ilezi zibonakaliso zozibili, be nga laleli izwi lako, u ya kuka amanzi omfula, u wa tele emhlabatini owomileyo: amanzi o ya kuwaka emfuleni, a ya kupenduka igazi emhlabatini owomileyo.

10 Wa ti uMoses ku Jehova, E, Nkosi, a ngi siye umuntu o iqapuqapu, na kadeni, na pezu kwokuba u su kulumile encekwini yako; ngoba ngi ya nemuza ngi namalimi. 11 Wa ti uJehova kuye, Ubani o w'enza umlomo womuntu? ubani o w'enza isimungulu, nesitulu, nobonayo, nempumpute? a si mina Jehova na? 12 Hamba pela; ngi ya kuba kuwo umlomo wako, ngi ku fundise loko o za kukukuluma. 13 Wa ti, E, Nkosi, a ke u tume ngesandhla sa lowo o tanda ukumtuma. 14 Ulaka lu ka Jehova lwa vuta nga ku Moses, wa ti, A muko uAron, umLevi, umfo wenu na? Ngi y'azi ukuti u ya kwazi ukukuluma ka-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

hle. Futi, nangu, e s'eza ukukuhlangabeza: u ya kuti e ku bona a tokoze enhliziyweni yake. 15 U ya kukuluma naye, u fake amazwi emlonyeni wake: ngi ya kuba kuwo umlomo wako, na kuwo umlomo wake, ngi ni fundise eni ya kukwenza. 16 U ya kukukulumela ku bantu; ku ya kuti a be umlomo kuwe, wena u be njengo-Nkulunkulu kuye. 17 Wo pata le nduku ngesandhla sako, o za kuzenza ngayo izibonakaliso.

18 UMoses wa hamba wa buyela ku Jetro, umkwe wake, wa ti kuye, A k'u ngi yeke ngi hambe, ngi buyele ku bafo wetu aba sEgipite, ngi bone ukuba ba se kona na. UJetro wa ti ku Moses, Hamba kahleke. 19 UJehova wa ti ku Moses, e kwa Midiyan, Hamba, u buyele Egipite; ngokuba se be file abantu bonke aba be funa ikanda lako. 20 UMoses wa s'e tabata umkake, namadodana ake, wa ba kwelisa embongolweni, wa buyela ezweni la sEgipite. UMoses wa pata induku ka Nkulunkulu ngesandhla sake. 21 UJehova wa ti ku Moses, Ekubuyeleni kwako Egipite, qapela ukuba u z'enze pambi ku ka Faro izimangaliso zonke engizibekileyo esandhleni sako: kepa ngi ya kuyenza inhliziyo yake i be lukuni; a ka yi kubavumela abantu ba hambe. 22 Wo ti ku Faro, U ti uJehova, UIsraeli u indodana yami, u izibulo lami: 23 ngi te kuwe, Yi yeke indodana yami i hambe, i ye i ngi konze; u yi nqabele ukuba i hambe: bheka, ngi ya kubulala indodana yako, izibulo lako. 24 Kwa ti endhleleni, e sendaweni yokungenisa, uJehova wa hlangana naye, wa funa ukumbulala. 25 UZipora wa s'e tabata insengetshe, wa nquma ijwabu lendodana yake, wa li ponsa ezinyaweni zake; wa ti, Impela u ngumyeni wegazi wena kimi. 26 Wa m yekake. Wa s'e ti, Umyeni wegazi ngenxa yokusoka.

27 UJehova wa ti ku Aron, Hamba u ye kuhlangabeza uMoses ehlane. Wa ya, wa hlangana naye entabeni ka Nkulunkulu, wa m anga. 28 UMoses wa m tatela uAron amazwi onke ka Jehova, a be m tume nawo, nezibonakaliso zonke a be m yalele zona. 29 UMoses noAron ba ya ba buta amalunga onke aba kwa Israeli: 30 uAron wa kuluma amazwi onke, uJehova a be wa kulumile ku Moses, wa z'enza izibonakaliso emehlweni abantu. 31 Abantu ba kolwa: ba ti ukuzwa ukuti uJehova u ba hambele aba kwa Israeli, nokuti u bonile ukuhlupeka kwabo, ba se be kotama, ba kuleka.

5 Ngasemva kwa loko uMoses no-Aron ba fika, ba ti ku Faro, U ti uJehova, uNkulunkulu ka Israeli, Ba yeke abantu bami ba hambe, ba yo ng'enzela umkosi ehlane. 2 Wa ti uFaro, Ubani uJehova, ukuba ngi lalele izwi lake, ngi m yeke uIsraeli a hambe na? A ngi m azi uJehova, futi ngi ngeke ngi m yeke uIsraeli a hambe. 3 Ba ti, UNkulunkulu wama-Heberu u se ke wa hlangana nati: a ke si hambe si ye ehlane ibanga lezinsuku ezintatu, si m hlabele uJehova, u-Nkulunkulu wetu, funa a si bulale ngobadane lokufa na ngenkemba. 4 Inkosi ya sEgipite ya ti kubo, Ni ba hlubulelani abantu emisebenzini yabo, nina Moses noAron? hambani, ni ye emitwalweni yenu. 5 UFaro wa ti, Bhekani, abantu bezwe se be baningi; ni ya ba pumuza emitwalweni yabo. 6 Nga lolo suku uFaro wa yala aba hxamela abantu nezinduna zabo, wa ti, 7 Ni nga be ni sa ba nika abantu utshani bokwenza isitini njenga semihleni: a ba hambe ba zibutele utshani. 8 Isilinganiselo sesitini, e kade be s'enza, ba miseleni sona; ni nga ncipisi luto kuso: ngokuba ba y'enqena; ku ngako ba kala, ba ti, A si ye si m hlabele uNkulunkulu wetu. 9 A ku bekwe imisebenzi e nzima ebantwini, ba kandhleke ngayo, ba nga laleli amacebo.

10 Ba puma abahxamelayo abantu, nezinduna zabo, ba kuluma nabantu, ba ti, U ti uFaro, A ngi z'ukuninika utshani. 11 Hambani nina, ni zitabatele utshani lapa ni nga bu tola kona; ngokuba umsebenzi wenu a u yi kuncishiswa nga luto. 12 Ba hlakazekake abantu ba ya

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku kuliswa imitwalo yabantu. UNkulunkulu u qinisa izitembiso zake.

ezweni lonke la sEgipite, ba buta izibi zi be ibona utshani. 13 Abahxamelayo ba ba sindezela, ba ti, Gcwalisani imisebenzi yenu, imisebenzi yemihla ngemihla, njenga sezinsukwini ku se kona utshani. 14 Kwa shaywa izinduna zaba kwa Israeli, aba zi miselwa abahxamelayo ba ka Faro, za buzwa ngokuti, A ni gcwalisanga ngani imisebenzi yenu yokubumba isitini, izolo na namhla, njenga semihleni na?

15 Izinduna zaba kwa Israeli za ya za kala ku Faro, za ti, Wenzelani okunje ezincekwini zako na? 16 Izinceku zako a zi nikwa utshani, inganti ba ti kiti, Bumbani isitini: naku izinceku zako zi ya shaywa; kodwa icala li ku bantu bako. 17 Kepa wa ti, Ni y'enqena, ni y'enqena: ngako ni ti, A si ye si m hlabele uJehova. 18 Ngako hambani, ni yo sebenza; a ni yi kunikwa utshani, noko ni ya kuqeda isilinganiselo sesitini. 19 Izinduna zaba kwa Israeli za bona ukuti zi mi kabi, se ku tiwa, A ni yi kuncipisa nga luto isitini semihla ngemihla. 20 Zi sa ti nje ukupuma ku Faro, za hlangana noMoses noAron bemi endhleleni. 21 Za ti kubo, UJehova ka ni bheke, ahlulele; ngokuba ipunga letu ni li nukisile emehlweni ka Faro, na semehlweni ezinceku zake, ukubeka inkemba esandhleni sabo, ukuba ba si bulale.

22 UMoses wa buyela ku Jehova wa ti, Nkosi, wenzeleni okubi ku laba bantu na? u ngi tumeleni? 23 Seloku ngi fikile ukukuluma noFaro ngegama lako, yena wenze kabi ku laba bantu; nawe a u b'opulanga abantu bako nakanye.

6 1 UJehova wa ti ku Moses, Kaloku u zo bona engi zo kwenza ku Faro: ngokuba ngesandhla esi namandhla u ya kubayeka ba hambe, na ngesandhla esi namandhla u ya kubaxosha ezweni lake.

2 UNkulunkulu wa kuluma ku Moses, wa ti kuye, Ngi nguJehova: 3 nga bonakala ku Abraham, na ku Isaka, na ku Jakobe, ngi nguNkulunkulu USomandhla; kepa ngegama lami lokuti uJehova, be ngi ng'azeki kubo. 4 Futi nga misa isivumelwano sami nabo, sokuba ngi ba nike izwe la kwa Kanan, izwe lokuti gozòlolo kwabo aba te gozololo kulo. 5 Futi ngi zwile ukububula kwaba kwa Israeli, ab'enziwa izigqili aba sEgipite; ngi si kumbulile isivumelwano sami. 6 Ngakoke yisho kwaba kwa Israeli u ti, Ngi nguJehova, ngi ya kunikipa emitwalweni yaba sEgipite, ngi ni kulule ebugqilini babo, ngi ni hlenge ngengalo eyeluliweyo, na ngezahlulelo ezinkulu: 7 ngi ya kunitabata ni be isizwe kimi, ngi be uNkulunkulu kini; n'azi ukuti, ngi nguJehova, uNkulunkulu wenu, onikipayo emitwalweni yaba sEgipite; 8 ngi ni yise ezweni, enga pakamisa isandhla sami ngalo ukubanika lona oAbraham, noIsaka, noJakobe; ngi ya kuninika lona li be ifa: ngi nguJehova. 9 Wa sho njalo uMoses kwaba kwa Israeli: kepa a ba m lalelanga uMoses, ngenxa yokucasuka kwenhliziyo, na ngemisebenzi esindayo.

10 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 11 Yiya, u kulume noFaro, inkosi ya sEgipite, ukuba a yeke aba kwa Israeli, ba pume ezweni lake. 12 UMoses wa kuluma pambi ku ka Jehova e ti, Bheka, aba kwa Israeli a ba ngi lalelanga; uFaro, po, u ya kungilalela kanjani, ngi nomlomo o nga sokwanga na? 13 UJehova wa kuluma ku Moses na ku Aron, wa ba yalezela kwaba kwa Israeli, na ku Faro, inkosi ya sEgipite, ukuba ba kipe aba kwa Israeli ezweni la sEgipite.

14 Yilaba aba izinhloko zezindhlu za oyise. Amadodana ka Ruben, izibulo li ka Israeli: uHanoki, noPalu, noHezeron, noKarmi; yile imindeni ka Ruben. 15 Amadodana ka Simeon: uJemuweli, uJamin, noOhadi, noJakin, noZohari, noShauli, indodana yowesifazana wa kwa Kanan; yile imindeni ka Simeon. 16 Yilawa amagama amadodana ka Levi ngezizukulwane zawo: uGershon, noKohati, noMerari; iminyaka yokuhamba ku ka Levi ya i iminyaka e ikulu namashumi amatatu nesikombisa. 17 Amadodana ka Gershon: uLibeni, noShimehi, ngemi-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Uzalo lu ka Moses noAron. **Ukutunywa kwabo.** **Induku ka Aron.**

ndeni yabo. 18 Amadodana ka Kohati: uAmram, noIzhari, noHebron, noUziyeli: iminyaka yokuhamba ku ka Kohati ya i iminyaka e ikulu neminyaka e ngamashumi amatatu nantatu. 19 Amadodana ka Merari: uMali noMushi. Yile imindeni yabaLevi ngezizukulwane zabo. 20 UAmram wa tabata uJokebede udade wabo ka yise a be umkake; wa m zalela uAron noMoses: iminyaka yokuhamba ku ka Amram ya i iminyaka e ikulu namashumi amatatu nesikombisa. 21 Amadodana ka Izhari: uKora, noNefege, noZikri. 22 Amadodana ka Uziyeli: uMishayeli, noElzafan, noSitri. 23 UAron wa tabata uElisheba, ka Aminadabe, udade wabo ka Nashon, a be umkake; wa m zalela uNadabe, noAbihu, noElazare, noItamare. 24 Amadodana ka Kora: uAsire, noElkana, noAbiyasafu; yile imindeni yama-Kora. 25 UElazare ka Aron wa tabata enye yamadodakazi ka Putiyeli, i be umkake; ya m zalela uFinehasi. Yilaba aba izinhloko za oyise zabaLevi, ngemindeni yabo. 26 Yibo laba uAron noMoses uJehova a ti kubo, Kipani aba kwa Israeli ezweni la sEgipite ngamabandhla abo. 27 Yibo laba aba kuluma ku Faro, inkosi ya sEgipite, ukukipa aba kwa Israeli Egipite: yibo oMoses noAron.

28 Kwa ti msukwana uJehova e kuluma ku Moses ezweni la sEgipite, 29 uJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, Ngi nguJehova: kuluma ku Faro, inkosi ya sEgipite, konke engikushoyo kuwe. 30 Wa ti uMoses pambi ku ka Jehova, Bheka, ngi nomlomo o nga sokwanga, uFaro u ya kungilalela kanjani na? 7 1 UJehova wa ti ku Moses, Bheka, ngi kwenzile u be njengoNkulunkulu ku Faro; uAron, umfo wenu, u ya kuba umprofeti wako. 2 U ya kukuluma konke engi ku yala ngako; uAron, umfo wenu, u ya kukuluma ku Faro, ukuba a ba yeke aba kwa Israeli, ba pume ezweni lake. 3 Ngi ya kuyenza inhliziyo ka Faro i be lukuni, ng'andise izibonakaliso zami nezimangaliso zami ezweni la sEgipite. 4 Kepa uFaro a ka yi kunilalela; ngi ya kubeka isandhla sami pezu kwEgipite, ngi kipe amabandhla ami, abantu bami aba kwa Israeli, ezweni la sEgipite ngezahlulelo ezinkulu. 5 Aba sEgipite ba ya kwazi ukuti ngi nguJehova, nxa ng'elulela isandhla sami pezu kwEgipite, ngi kipe aba kwa Israeli pakati kwabo. 6 UMoses noAron b'enze njalo: njengaloko uJehova a ba yala ngako, b'enze njalo. 7 UMoses wa e neminyaka e ngamashumi a isishiyangalombili, uAron wa e neminyaka e ngamashumi a isishiyangalombili nantatu, lapo be kuluma ku Faro.

8 UJehova wa kuluma ku Moses na ku Aron, wa ti, 9 Nxa uFaro e kuluma kini, e ti, Zenzeleni pela isimangaliso; wo ti ku Aron, Tabata induku yako, u yi ponse pambi ku ka Faro, i penduke inyoka. 10 UMoses noAron ba ngena ku Faro, b'enze njalo njengokuyala ku ka Jehova: uAron wa ponsa induku yake pambi ku ka Faro, na pambi kwezinceku zake, ya penduka inyoka. 11 Konake uFaro naye wa biza izazi, nezanusi: nazo izinyanga za sEgipite z'enze njalo ngokutwebula kwazo. 12 Ngoba kwa ba ileyo ya ponsa induku yayo, za penduka izinyoka: kepa induku ka Aron ya gwinya izinduku zazo. 13 Inhliziyo ka Faro ya ba lukuni, a ka ba lalelanga; njengokusho ku ka Jehova.

14 UJehova wa ti ku Moses, Inhliziyo ka Faro i yis'empisini, u ya nqaba ukuba abantu ba hambe. 15 Hamba u ye ku Faro kusasa; nangu e ya emanzini; yima ogwini lomfula u m hlangabeze; induku e bi penduke inyoka wo yi pata ngesandhla sako. 16 Wo ti kuye, UJehova, uNkulunkulu wamaHeberu, u ngi tumile kuwe, u ti, Ba yeke abantu bami ba hambe, ba yo ngi konza ehlane: bheka, ku ze ku be manje u nga laleli. 17 U ti uJehova, U ya kung'azi nga loku ukuti ngi nguJehova: bheka, ngi za kuwashaya amanzi a semfuleni ngenduku e sesandhleni sami, a yo penduka igazi. 18 Izinhlanzi ezi semfuleni zi ya kufa, umfula u nuke; aba sEgi-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amanzi a penduka igazi. **Izingxangxa. Izintwala.**

pite ba ya kunengwa ukupuza amanzi omfula. **19** UJehova wa ti ku Moses, Yiti ku Aron, Tabata induku yako, welule isandhla sako pezu kwamanzi a sEgipite, pezu kwemifula yabo, pezu kweminonjana yabo, pezu kweziziba zabo, na pezu kwamacibi amanzi onke abo, ukuze a be igazi; ko ba kona igazi ezweni lonke la sEgipite, na sezitsheni zemiti, na sezitsheni zamatshe.

20 B'enze njalo oMoses noAron, njengokuyala ku ka Jehova; wa pakamisa induku, wa shaya amanzi a e semfuleni, emehlweni ka Faro, na semehlweni ezinceku zake; amanzi onke a e semfuleni a penduka igazi. **21** Izinhlanzi eza zi semfuleni za fa; umfula wa nuka, aba sEgipite ba be nge na kupuza amanzi omfula; kwa ku kona igazi ezweni lonke la sEgipite. **22** Z'enze njalo izinyanga za sEgipite ngokutwebula kwazo: ya ba lukuni inhliziyo ka Faro, a ka ba lalelanga; njengokusho ku ka Jehova. **23** UFaro wa penduka, wa ya endhlini yake, ka bekanga inhliziyo yake na ku loko. **24** Aba sEgipite bonke b'emba nga semfuleni be funa amanzi okupuza; ngokuba ba be nge na kupuza amanzi omfula. **25** Kwa pela izinsuku ezi isikombisa, yiloku uJehova e shayile umfula.

8 UJehova wa ti ku Moses, Yiya ku Faro, u ti kuye, U ti uJehova, Ba yeke abantu bami, ba hambe ba yo ngi konza. **2** Uma u nqaba ukuba ba hambe, bheka, ngi ya kushaya izwe lako lonke ngezingxangxa: **3** umfula u ya kupetuza izingxangxa, z'enyuke zi ngene endhlini yako, na sekamelweni lako lokulala, na pezu kwombede wako, na sendhlini yezinceku zako, na pezu kwabantu bako, na semaziko ako, na semikombeni yako yokuxova izinkwa: **4** izingxangxa zi ya kwenyukela kuwe, na ku bantu bako, na sezincekwini zako zonke. **5** UJehova wa ti ku Moses, Yiti ku Aron, Yelula isandhla sako nenduku yako pezu kwemifula, na pezu kweminonjana, na pezu kweziziba, wenyusele izingxangxa ezweni la sEgipite. **6** UAron w'elula isandhla sake pezu kwamanzi a sEgipite; z'enyuka izingxangxa za l'embesa izwe la sEgipite. **7** Izinyanga z'enze njalo ngokutwebula kwazo, z'enyusela izingxangxa ezweni la sEgipite.

8 UFaro wa s'e ba biza oMoses noAron, wa ti, M nxuseni uJehova, ukuba a suse izingxangxa kimi, na ku bantu bami; ngi ya kubayeka abantu ba hambe, ba yo m hlabela uJehova. **9** Wa ti uMoses ku Faro, Ma u zincome ngami: yisho isikati engi ya kukunxusela ngaso wena, nezinceku zako, nabantu bako, ukuba ku qedwe izingxangxa kuwe na sezindhlini zako, zi sale emfuleni ku be kupela? **10** Wa s'e ti, Ngomuso. Wa ti, A ku be njengezwi lako; ukuba w'azi ukuti a muko o njengaye uJehova, uNkulunkulu wetu. **11** Izingxangxa zi ya kumuka kuwe, na sezindhlini zako, na sezincekwini zako, na ku bantu bako; zi sale emfuleni ku be kupela. **12** UMoses noAron ba puma ku Faro; uMoses wa kala ku Jehova ngezingxangxa, a be zi letile ku Faro. **13** UJehova w'enza njengezwi li ka Moses; izingxangxa za fa ezindhlini, na semagcekeni, na semasimini. **14** Ba zi butela izinqwaba; la nuka izwe. **15** UFaro e se bonile ukuti ku sa te nqamu, wa y'enza inhliziyo yake ya ba lukuni, a ka ba lalelanga; njengokusho ku ka Jehova.

16 UJehova wa ti ku Moses, Yiti ku Aron, Y'elula induku yako, u shaye utuli lomhlaba, lu penduke izintwala ezweni lonke la sEgipite. **17** B'enze njalo; uAron w'elula isandhla sake nenduku yake, wa shaya utuli lomhlaba, kwa ba kona izintwala ku bantu na sezinkomeni; utuli lonke lomhlaba lwa penduka izintwala ezweni lonke la sEgipite. **18** Izinyanga z'enze njalo ngokutwebula kwazo, ukuba zi veze izintwala, kepa z'ahluleka: kwa ba kona izintwala ku bantu, na sezinkomeni. **19** Izinyanga za se zi ti ku Faro, Loku ku umunwe ka Nkulunkulu: kepa inhliziyo ka Faro ya ba lukuni, a ka ba lalelanga; njengokusho ku ka Jehova.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izibau. Ukufa kwezinkomo. Amatumba.

20 UJehova wa ti ku Moses, Vuka ekuseni nga kusasa, u ye u me pambi ku ka Faro; nangu e ya emanzini; wo ti kuye, U ti uJehova, ba yeke abantu bami ba hambe, ba yo ngi konza. **21** Uma nxa u nga vumi ukuba abantu bami ba hambe, bheka, ngi zo tuma izibau kuwe, na sezincekwini zako, na ku bantu bako, na sezindhlini zako: izindhlu zaba sEgipite zi ya kugcwala izibau, nawo umhlabati aba kuwo. **22** Ko ti nga lolo suku ngi l'ahlukanise izwe la seGoshen, el'akiwe abantu bami, ukuba ku nga biko izibau kona; ukuba wazi ukuti ngi nguJehova pakati kwezwe. **23** Ngi ya kwenza umahluko pakati kwabantu bami nabantu bako: lesi sibonakaliso si ya kuvela ngomuso. **24** W'enze njalo uJehova; kwa fika izibau ezisabekayo endhlini ka Faro, na sezindhlini zezinceku zake: ezweni lonke la sEgipite, l'onakala izwe ngenxa yezibau.

25 UFaro wa biza uMoses noAron, wa ti, Hambani, ni ye, ni m hlabele uNkulunkulu wenu ku leli zwe. **26** Wa ti uMoses, A ku fanele ukwenze njalo; ngoba si ya kumhlabela uJehova, uNkulunkulu wetu, loko okunengekayo kwaba sEgipite: kanti si ya kuhlabela okunengekayo kwaba sEgipite emehlweni abo, ba nga si kandi ngamatshe na? **27** Si ya kuhamba si ye ehlane ibanga lezinsuku ezintatu, si m hlabele uJehova, uNkulunkulu wetu, njengaloko a ya kusiyala ngako. **28** UFaro wa ti, Ngi ya kuniyeka ni hambe, ni yo m hlabela uJehova, uNkulunkulu wenu ehlane; kepa ni nga yi kude kakulu: ngi nxuseleni. **29** UMoses wa ti, Bheka, ngi ya puma kuwe; ngi ya kumnxusa uJehova, ukuba izibau zi muke ku Faro, na sezincekwini zake, na ku bantu bake, ngomuso: kodwa uFaro ka nga buyi a kohlise ngokungabayeki abantu ba hambe, ba yo m hlabela uJehova. **30** UMoses wa puma ku Faro, wa m nxusa uJehova. **31** UJehova w'enza njengezwi li ka Moses; wa susa izibau ku Faro, na sezincekwini zake, na ku bantu bake; a kwa sala na sinye. **32** UFaro wa y'enza inhliziyo yake ya ba lukuni na nga le nkati futi, a ka ba yeka abantu ba hambe.

9 UJehova wa s'e ti ku Moses, Yiya ku Faro, u ti kuye, U ti uJehova, uNkulunkulu wamaHeberu, Ba yeke abantu bami ba hambe, ba yo ngi konza. **2** Uma u nqaba ukuba ba hambe, u sa ba bambile, **3** bheka, isandhla si ka Jehova si pezu kwemfuyo yako e sendhle, na pezu kwamahashi, na pezu kwezimbongolo, na pezu kwamakamelo, na pezu kwezinkomo, na pezu kwezimvu: ko ba kona ubadane olunzima. **4** UJehova u ya kwahlukanisa imfuyo ya kwa Israeli nemfuyo ya sEgipite; a ku yi kufa na nto yako konke okwaba kwa Israeli. **5** UJehova wa misa isikati esitile, wa ti, Ngomuso uJehova u ya kwenza le nto ezweni. **6** UJehova w'enza leyo nto nga ngomuso; ya fa yonke imfuyo ya sEgipite; kodwa a kwa fa neyodwa yemfuyo yaba kwa Israeli. **7** UFaro wa tumela, bheka, kwa ku ngeko neyodwa efileyo emfuyweni yaba kwa Israęli. Kodwa inhliziyo ka Faro ya yis'empisini, ka z'a ba yeka abantu ba hambe.

8 UJehova wa ti ku Moses na ku Aron, Capunani umlota wesitando ngoweshe, uMoses a wu sakazele nga sezulwini emehlweni ka Faro. **9** U ya kuba amagciwane ezweni lonke la sEgipite, u penduke itumba, eli qamuka izilonda ku bantu, na sezinkomeni, ezweni lonke la sEgipite. **10** Ba tabata umlota wesitando, b'ema pambi ku ka Faro; uMoses wa wu sakazela nga sezulwini; wa penduka itumba, eli qamuka izilonda ku bantu, na sezinkomeni. **11** Izinyanga za zi nge na kuma pambi ku ka Moses ngenxa yamatumba; ngokuba amatumba a e milile ezinyangeni, na kubo bonke aba sEgipite. **12** UJehova wa y'enza inhliziyo ka Faro ya ba lukuni, a ka ba lalelanga; njengokusho ku ka Jehova ku Moses.

13 UJehova wa ti ku Moses, Vuka ekuseni, u ye u me pambi ku ka Faro, u ti kuye, U ti uJehova, uNkulunkulu wamaHeberu, Ba yeke abantu bami

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ba hambe, ba yo ngi konza. 14 Ngokuba se ngi zo tumela izinhlupo zonke zami enhliziyweni yako, na sezincekwini zako, na ku bantu bako; ukuba wazi ukuti a muko o njengami emhlabeni wonke. 15 Ngoba kaloku be ngi ng'ahle ngi s'elule isandhla sami, ngi ku shaye wena nabantu bako ngobadane, nga be u nyamalele wena, emhlabeni: 16 kanti nga loku ngi ku misile, ukuba ngi ku bonise amandhla ami, nokuba igama lami li menyezelwe emhlabeni wonke. 17 U sa zikulisa pezu kwabantu bami, ngokungabayeki ba hambe na? 18 Bheka, nga le nkati ngomuso ngi ya kuwisa isicoto esinzima kakulu, esi nga bonanga si be kona esingaka Egipite, yiloku l'akiwa ku ze ku be manje. 19 Tumake, u putume imfuyo yako, nako konke o nako endhle; abantu bonke, nezinkomo zonke, ezi ya kufunyanwa endhle, zi nga goduswa, zi ya kushaywa isicoto, zi fe. 20 Owa l'esaba izwi li ka Jehova pakati kwezinceku zi ka Faro wa balekisela izinceku zake nemfuyo yake ezindhlini: 21 kodwa lowo o nga nakanga izwi li ka Jehova wa shiya izinceku zake nemfuyo yake endhle.

22 UJehova wa ti ku Moses, Yelulela isandhla sako nga sezulwini, ukuba ku be kona isicoto ezweni lonke la sEgipite, pezu kwabantu, na pezu kwezinkomo, na pezu kwemishana yonke ya sendhle, ezweni lonke la sEgipite. 23 UMoses wa s'e y'elulela induku yake nga sezulwini: uJehova wa tuma ukuduma nesicoto, umlilo w'ehlela emhlabeni; uJehova wa wisa isicoto ezweni la sEgipite. 24 Kwa ba konake isicoto, nomlilo o hlangene nesicoto, ku nzima kakulu, okwa ku nga bonanga ku be kona ezweni lonke la sEgipite oku ngako, yiloku ba ba isizwe. 25 Isicoto sa shaya konke okwa ku sendhle, abantu, nezinkomo, ezweni lonke la sEgipite; isicoto sa shaya imishana yonke ya sendhle, s'apula imiti yonke ya sendhle. 26 Ukupela ezweni la seGoshen, lapo ba be kona aba kwa Israeli, kwa ku ngeko sicoto.

27 UFaro wa tuma, wa biza uMoses noAron, wa ti kubo, Ng'onile kaloku: uJehova u lungile, mina nabantu bami si babi. 28 Nxusani uJehova; ngokuba se kwanele ukuduma oku ngaka, nesicoto; se ngi ya kuniyeka ni hambe, a ni sa yi kuhlala. 29 UMoses wa ti kuye, Nxa ngi pumile emzini ngi ya kwelulela izandhla zami ku Jehova; ukuduma ku ya kunqamuka, si nga be si sa bako isicoto; ukuba wazi ukuti umhlaba u ngoka Jehova. 30 Kepa wena nezinceku zako, ngi y'azi ukuti a ni yi kumesaba uJehova uNkulunkulu, na pezu kwa loko. 31 Kwa shaywa iflakisi nebarle: ngokuba ibarle la li kahlele, iflakisi la li qakazile. 32 Kepa a ku shaywanga ukolweni nespelta: ngokuba kwa ku nga ka kuli. 33 UMoses wa puma emzini ku Faro, w'elulela izandhla zake ku Jehova: kwa nqamuka ukuduma nesicoto, imvula a ya be i sa tululekela emhlabeni. 34 UFaro e se bonile ukuti ku nqamukile imvula, nesicoto, nokuduma, wa buya w'ona, wa y'enza inhliziyo yake ya ba lukuni, yena nezinceku zake. 35 Inhliziyo ka Faro ya ba lukuni, a ka ba yekanga aba kwa Israeli ba hambe; njengokusho ku ka Jehova ngaye uMoses.

10 UJehova wa ti ku Moses, Yiya ku Faro: ngokuba ng'enzile inhliziyo yake ya ba lukuni, nenhliziyo yezinceku zake, ukuba ngi z'enze lezi zibonakaliso zami pakati kwabo, 2 ukuze u tshele indodana yako ezindhlebeni, nendodana yendodana yako, loku engikwenzileyo Egipite, nezibonakaliso zami engizenzileyo pakati kwabo; ukuba n'azi ukuti ngi nguJehova. 3 UMoses noAron ba ya ku Faro, ba ti kuye, U ti uJehova, uNkulunkulu wamaHeberu, Ko ze ku be nini u nqaba ukuzitoba pambi kwami? ba yeke bo, abantu bami ba hambe, ba yo ngi konza. 4 Uma nxa u nqaba ukubayeka abantu bami ba hambe, bheka, ngomuso ngi ya kuleta isikonyane ezweni lako; 5 si ya kwembesa ubuso bomhlaba, umhlaba u nga bi na kubonwa muntu: si ya kudhla insali esindileyo eni yi shiyelwa isicoto, si dhle nemiti yonke enimilelayo endhle: 6 izindhlu zako zi

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Isikonyane. Ubumnyana.

ya kugewala, nezindhlu zezinceku zako zonke, nezindhlu zaba sEgipite bonke; aba zanga ba si bone esinjalo oyihlo, na oyise ba oyihlo, yiloku ba ba kona emhlabeni ku ze ku be namhla. Wa s'e penduka, wa puma ku Faro. **7** Za se zi ti izinceku zi ka Faro kuye, Ko ze ku be nini, lo muntu e isihibe kitina na? ba yeke abantu ba hambe, ba yo konza uJehova, uNkulunkulu wabo. A u k'azi yini ukuti iGipite li shabalele? **8** UMoses noAron ba buyiselwa ku Faro: wa ti kubo, Hambani, ni yo konza uJehova, uNkulunkulu wenu; kepa obani aba ya kuhamba na? **9** UMoses wa ti, Si ya kuhamba nabasha betu nabadala betu; si ya kuhamba namadodana etu namadodakazi etu, nezimvu zetu nezinkomo zetu; ngoba so ba nomkosi ku Jehova. **10** Wa s'e ti kubo, Ngokunjalo uJehova ma ka be nani, njengoba ngi zo ni yeka ni hambe nezingane zenu: bhekani, ngokuba ku kona okubi pambi kwenu. **11** Amanga: hambani, nina madoda, ni yo konza uJehova; ngokuba yikona enikufunayo. Ba se be xoshwa ebusweni bu ka Faro.

12 UJehova wa ti ku Moses, Yelulela isandhla sako pezu kwezwe la sEgipite, ku fike isikonyane, s'enyukele ezweni la sEgipite, si dhle imishana yonke yezwe, konke okuseleyo esicotweni. **13** UMoses w'elula induku yake pezu kwezwe la sEgipite; uJehova wa leta umoya wa sempumalanga ezweni, wa pepeta leyo mini yonke nobusuku bonke; se ku sile umoya wa sempumalanga wa leta isikonyane. **14** Isikonyane s'enyukela ezweni lonke la sEgipite, sa hlala kwa za kwa ba semikaulweni yonke ya sEgipite; sa si nzima kakulu; ngapambili kwaso kwa ku nga zanga ku be kona isikonyane esi ngangaso, na ngasemva kwaso a ku soze kwa ba kona esi ngangaso. **15** S'embesa ubuso bonke bomhlaba, la ze la ba mnyama izwe, sa dhla imishana yonke yezwe, nezitelo zonke zemiti, eziseleyo esicotweni: a kwa sala luto olu luhlaza nakuba umuti nakuba imishana ya sendhle, ezweni lonke la sEgipite. **16** UFaro wa s'e shesha wa biza uMoses noAron; wa ti, Ng'onile ku Jehova uNkulunkulu wenu, na kinina. **17** A ke u ngi tetelele isono sami, ngi sho kanye nje; ni m nxuse uJehova, uNkulunkulu wenu, ukuba a suse kimi loku kufa nje. **18** Wa puma ku Faro, wa m nxusa uJehova. **19** UJehova wa pendula umoya, o vela nga sentshonalanga o namandhla kakulu, wa si tata isikonyane wa si lahla eLwandhle oluBomvu; a kwa sala na sinye isikonyane pakati kwemikaulo yonke ya sEgipite. **20** Kepa uJehova wa y'enza inhliziyo ka Faro ya ba lukuni, ka z'a ba yeka aba kwa Israeli ba hambe.

21 UJehova wa ti ku Moses, Yelulela isandhla sako nga sezulwini, ukuba ku be kona ubumnyama ezweni la sEgipite, ubumnyama obupumputwayo. **22** UMoses w'elulela isandhla sake nga sezulwini; kwa ba kona ubumnyama obu isigayegaye ezweni lonke la sEgipite izinsuku ezintatu; **23** a ba ze ba bonana, izinsuku za ba ntatu ku nga suki muntu endaweni yake; kepa kwa kanya emakaya abo bonke aba kwa Israeli. **24** UFaro wa biza uMoses, wa ti, Hambani, ni yo konza uJehova; a ku sale izimvu zenu, nezinkomo zenu kupela: izingane zenu ma zi hambe nani. **25** UMoses wa ti, Wo si nika pela esandhleni setu imihlatshelo neminikelo eshiswayo, ukuba si m hlabele uJehova, uNkulunkulu wetu. **26** Imfuyo yetu nayo i ya kuhamba nati; a ku yi kusala na nselo; ngokuba si ya kutabata kuyo, esi ya kumkonza uJehova uNkulunkulu wetu ngako; a si kwazi esi ya kumkonza ngako uJehova, si nga ka fiki kona. **27** Kepa uJehova wa y'enza inhliziyo ka Faro ya ba lukuni, ka z'a ba yeka ukuba ba hambe. **28** UFaro wa ti kuye, Suka kimi, xwaya, u nga bi u sa bona ubuso bami, ngokuba msukwana u bona ubuso bami, u ya kufa. **29** UMoses wa ti, U sho kahle; a ngi sa yi kubuya ngi bone ubuso bako.

11 UJehova wa ti ku Moses, Ngi sa zo leta uhlupo lunye qwaba pezu ku ka Faro, na pezu kwEgipite;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku bikezelwa ukufa kwamazibulo. Ipasika.

emva kwa loko u ya kuniyeka ni hambe lapa: e se ni yeka ni hambe, u ya kunixosha nokunixosha lapa. 2 Kuluma ezindhlebeni zabantu, ukuba ba cele ku be ileyo ndoda i cele ku makelwane wayo, na lowo owesifazana a cele ku makelwane wake impahla yesiliva, nempahla yegolide. 3 UJehova w'enza ukuba abantu ba be nesasasa kwaba sEgipite. Futi le ndoda uMoses ya i nkulu kakulu ezweni la sEgipite, emehlweni ezinceku zi ka Faro, na semehlweni abantu.

4 UMoses wa ti, U ti uJehova, Pakati kwobusuku ngi ya kupuma ngi ye pakati kwEgipite. 5 Ko ti a fe amazibulo onke a sezweni la sEgipite, ku suka ezibulweni li ka Faro, ohleziyo esihlalweni sake sobukosi, ku ze ku be kwelesigqilikazi, esi nga setsheni lokugaya; na semazibulweni onke ezinkomo. 6 Ku ya kuba kona ukukala okukulu ezweni lonke la sEgipite; oku nga bonanga ku be kona oku ngangako, oku nga sa yi kuba kona oku ngangako. 7 Kodwa kubo bonke aba kwa Israeli a ku yi kubako nanja e ya kuba hahamela aba kwa Israeli, abantu nezinkomo, ukuba n'azi ukuti uJehova u y'ahlukanisa pakati kwaba sEgipite noIsraeli. 8 Lezi zinceku zako zonke zi ya kwehlela kimi, zi ngi kotamele, zi ti, Puma wena, nabantu bonke abakulandelayo: emva kwa loko ngi ya kupuma. Wa s'e puma ku Faro e vuta ulaka.

9 UJehova wa ti ku Moses, UFaro a ka yi kunilalela, ukuze z'ande izimangaliso zami ezweni la sEgipite. 10 UMoses noAron b'enza zonke lezi zimangaliso pambi ku ka Faro: uJehova wa y'enza inhliziyo ka Faro ya ba lukuni, ka z'a ba yeka aba kwa Israeli ba pume ezweni lake.

12 UJehova wa kuluma ku Moses na ku Aron, ezweni la sEgipite, wa ti, 2 Le nyanga i ya kuba eyokuqala ezinyangeni kini: i ya kuba inyanga yokuqala yomnyaka kini. 3 Kulumani kuyo yonke inhlangano ya kwa Israeli, ni ti, Ngosuku lweshumi lwa le nyanga, a ba tabate, ku be ilowo icwane, njengezindhlu za oyise, icwane ngendhlu: 4 uma abendhlu be nga l'aneli icwane, ma ka li tabate nomakelwane wake o seduze nendhlu yake, njengobuningi babantu; no balela icwane abantu njengokudhla kwabo. 5 Icwane lenu a li be eli nge na sici, li be elenduna eli nomnyaka munye: no li tabata ezimvwini noma i sezimbuzini: 6 ni ya kulilondoloza ku ze ku fike usuku lweshumi nane lwa le nyanga; ko ti se li shona li hlatshwe umbutano wonke wenhlangano ya kwa Israeli. 7 Igazi lalo ma ba li tabate, ba li bece ezinsikeni zombili zomnyango, na sekotamweni lomnyango, kuzo izindhlu aba ya kulidhla kuzo. 8 Bo dhla inyama nga lobo busuku, yosiwe ngomlilo, ba yi dhle nesinkwa esi nge na mvubelo, kanye nemifino ebabayo. 9 Ni nga li dhli li se luhlaza, nokuba li pekiwe nokupekwa ngamanzi, kepa l'osiwe ngomlilo; ikanda lalo, kanye namanqina alo nemibilini yalo. 10 Ni nga shiyi luto lwalo ku ze ku se; okuseleyo kwa za kwa sa ni ya kukushisa ngomlilo. 11 A no li dhla ngokunje: izinkalo zenu zi boshiwe, izicatulo zenu zi sezinyaweni zenu, ni pete udondolo ngesandhla; ni dhle ngokumpampa: ku ipasika li ka Jehova. 12 Ngoba ngi ya kudabula ezweni la sEgipite nga lobo busuku, ngi bulale amazibulo onke ezweni la sEgipite, abantu nezinkomo; ng'enze izahlulelo kubo bonke onkulunkulu ba sEgipite: ngi nguJehova. 13 Igazi li ya kuba isibonakaliso senu ezindhlini eni kuzo: nxa ngi bona igazi, ngi ya kunidhlula, ku nga biko kini isifo esibubisayo, lapo se ngi bulala izwe la sEgipite. 14 Lolu suku lu ya kuba isikumbuzo kini; ni ya kulugcina lu be umkosi ku Jehova: no lwenza lu be umkosi ezizukulwaneni zenu, ngesimiso ku ze ku be nini.

15 A no dhla isinkwa esi nge na mvubelo izinsuku ezi isikombisa; yebo, ngosuku lokuqala no yi kipa imvubelo ezindhlini zenu: ngoba lowo o suka a dhle isinkwa esivutshelweyo, ku suka osukwini lokuqala ku ze ku fike osukwini lwesikombisa, u ya kunqu-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ipasika nomkosi wesinkwa èsi nge namvubelo. Ukufa kwamazibulo.

nywa lowo muntu kwa Israeli. **16** Ngosuku lokuqala ko ba kona kini imbizo e ngcwele, na ngosuku lwesikombisa imbizo e ngcwele; a ku nga setshenzwa ngazo, kupela okwokudhliwa abantu bonke, yiloko nje eningakwenzayo. **17** A no gcina umhlangano wesinkwa esi nge na mvubelo; ngokuba nga lolu suku nga kipa amabandhla enu ezweni la sEgipite: ngakoke no gcina lolu suku ezizukulwaneni zenu, ngesimiso ku ze ku be nini. **18** Ngenyanga yokuqala ngosuku lweshumi nane lwenyanga ngesikati sokuhlwa, a no dhla isinkwa esi nge na mvubelo, ku ze ku fike usuku lwamashumi amabili nanye lwenyanga ngesikati sokuhlwa. **19** A ku nga funyanwa imvubelo ezindhlini zenu ngezinsuku ezi isikombisa: ngoba lowo o suka a dhle okuvutshelweyo u ya kunqunywa lowo muntu enhlanganweni ya kwa Israeli, noma e ngowezizwe, noma e ngowokuzalwa womquba. **20** Ni nga dhli okuvutshelweyo; emakaya onke enu, a no dhla isinkwa esi nge na mvubelo.

21 UMoses wa s'e biza amalunga onke a kwa Israeli, wa ti kuwo, Wa kipeni ni zitabatele amacwane njengemindeni yenu, ni hlabe ipasika. **22** Ni tabate nesitungu sehisope ni si gcoboze egazini eli sesitsheni, ni bece ikotamo kanye nezinsika zombili zomnyango, ngegazi eli sesitsheni; ku nga pumi muntu kini emnyango wendhlu yake ku ze ku se. **23** Ngoba uJehova u zo dabula ukuba a bulale abasEgipite; nxa e bona igazi ekotamweni na sezinsikeni zombili, uJehova u ya kudhlula emnyango, a nga vumi ukuba umbubisi a ngene ezindhlini zenu ukunibulala. **24** A no gcina loku ku be isimiso ku wena na ku madodana ako ku ze ku be nini. **25** No ti, nxa se ni fikile ezweni, a ya kuninika lona uJehova, njengokwetembisa kwake, ni gcine le nkonzo. **26** Ko ti, nxa abantwana benu be ti kini, I sho ukutini le nkonzo kini? **27** A no ti, Ku ngumhlatshelo wepasika li ka Jehova, owa dhlula izindhlu zaba kwa Israeli Egipite, msukwana e bulala aba sEgipite wa z'opula izindhlu zetu. Abantu ba kotama, ba kuleka. **28** Aba kwa Israeli ba ya, b'enze njalo; njengaloko uJehova e be ba yalile ngako oMoses noAron, b'enze njalo.

29 Kwa ti pakati kwobusuku, uJehova wa bulala amazibulo onke ezweni la sEgipite, ku suka ezibulweni li ka Faro owa e hlezi esihlalweni sake sobukosi, ku ze ku fike ezibulweni lesiboshwa esa si setilongweni; na semazibulweni onke ezinkomo. **30** UFaro wa vuka ebusuku, yena nezinceku zake zonke, naba sEgipite bonke; kwa ba kona ukukala okukulu Egipite; ngokuba kwa ku ngeko ndhlu lapo kwa ku ngeko kona ofileyo. **31** Wa biza uMoses noAron ebusuku, wa ti, Sukani, ni pume ku bantu bami, nina naba kwa Israeli; hambani, ni yo konza uJehova, njengokuba ni shilo. **32** Tabatani izimvu zenu nezinkomo zenu, njengokuba ni shilo, ni hambe; ni ngi busise nami. **33** Aba sEgipite ba sindezela abantu, be ba mukisa ezweni ngokushesha; ngokuba ba ti, Tina sonke si file. **34** Abantu ba se be tabata inhlama yabo i nga ka vutshelwa, imikombe yokuxova izinkwa i boshiwe ezingutsheni zabo emahlombe. **35** Aba kwa Israeli b'enza njengezwi li ka Moses; ba cela kubo aba sEgipite impahla yesiliva, nempahla yegolide, nezingubo: **36** uJehova w'enza ukuba abantu ba be nesasasa kwaba sEgipite, ba b'enzela abakucelayo. Ba b'amuka aba sEgipite.

37 Aba kwa Israeli b'esuka eRameses ba ya ba fika e Sukoti, kungati abantu aba izinkulungwane ezi ngamakulu a isitupa aba hamba pansi, be ngamadoda, ngapandhle kwabantwana. **38** Kw'enyuka nabo ixubevange labantu; nezimvu, nezinkomo, imfuyo eningi kakulu. **39** B'osa amaqebelengwana e nge na mvubelo ngenhlama aba puma nayo Egipite; ngokuba ya i nga vutshelwanga, loku ba xoshwa Egipite, ba be nge na ku sulaza, futi ba be nga zilungiselanga umpako. **40** Ukuhlala kwaba kwa Israeli, abakuhlalayo Egipite, kwa ku iminyaka e ngamakulu amane neminyaka e nga-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Aba kwa Israeli ba puma Egipite. Ipasika. Umteto wamazibulo.

mashumi amatatu. **41** Kwa ti ekupeleni kweminyaka e ngamakulu amane neminyaka e ngamashumi amatatu, kwa ti nga lolo suku, amabandhla onke ka Jehova a puma ezweni la sEgipite. **42** Bu ubusuku bokugcinelwa uJehova lobo ngokubakipa kwake ezweni la sEgipite: lobu bu ubusuku bu ka Jehova bokugcinwa ibo bonke aba kwa Israeli, ezizukulwaneni zabo.

43 UJehova wa s'e ti ku Moses na ku Aron, Loku ku isiko lepasika: ka nga li dhli owezizwe; **44** kepa ileso sigqili somuntu esi tengwe ngemali, uma u si sokile, a si li dhle. **45** A li nga dhliwa ote gozololo noqashiweyo. **46** Li ya kudhliwa endhlini inye; u nga pumiseli ngapandhle kwendhlu luto lwenyama; ni nga pohlozi na tambo lalo. **47** Inhlangano yonke ya kwa Israeli ma i l'enze. **48** Nxa owezizwe, ote gozololo kuwe e za kulenza ku Jehova ipasika, abesilisa bonke bake a ba soke, yikona a nga sondela a l'enze; u ya kuba njengozelweyo womquba: kepa ka nga li dhli umuntu o nga sokiwe. **49** Umteto wo ba munye kozelweyo womquba na kowezizwe ote gozololo pakati kwenu. **50** Bonke aba kwa Israeli b'enze njalo; njengaloko uJehova a ba yala ngako oMoses noAron b'enze njalo. **51** Kwa ti nga lolo suku, uJehova wa kipa aba kwa Israeli ezweni la sEgipite ngamabandhla abo.

13 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, **2** Ngi ngcwelisele amazibulo onke, konke oku vula isisu kwaba kwa Israeli, noma ku ngumuntu noma ku inkomo: ku ngokwami.

3 UMoses wa ti ku bantu, Kumbulani lolu suku ena puma ngalo Egipite, endhlini yobugqili; ngokuba ngamandhla esandhla uJehova wa ni kipa ku le ndawo: a ku nga dhliwa isinkwa esivutshelweyo. **4** Namhla ni ya puma, ngenyanga uAbibi. **5** Ko ti, nxa uJehova e se ku ngenisile ezweni lamaKanan namaHiti, namaAmori, namaHivi, namaJebusi, a li fungela koyihlo ukukunika lona, izwe eli vame ubisi nezinyosi, u gcine le nkonzo nga le nyanga. **6** Wo dhla isinkwa esi nge na mvubelo isinsuku ezi isikombisa, ngosuku lwesikombisa ko ba kona umkosi ku Jehova. **7** Isinkwa esi nge na mvubelo a si dhliwe izinsuku ezi isikombisa; ku nga bonwa kuwe isinkwa esivutshelweyo, ku nga bonwa kuwe imvubelo, pakati kwemikaulo yonke yako. **8** Wo tshela indodana yako nga lolo suku, u ti, Ku ngenxa ya loko uJehova a ng'enzela kona ekupumeni kwami Egipite. **9** Ku ya kuba isibonakaliso kuwe esandhleni sako, nesikumbuzo emkatini wamehlo ako, ukuba umteto ka Jehova u be semlonyeni wako: ngoba ngesandhla esi namandhla uJehova wa ku kipa Egipite. **10** Njaloke wo gcina lolu siko ngesikati salo iminyaka ngeminyaka.

11 Ko ti, nxa uJehova e se ku ngenisile ezweni lamaKanan, njengokufunga kwake kuwe na koyihlo, e se ku nikile lona, **12** wo kwetula ku Jehova konke oku vula isisu, namazibulo onke ezinkomo o nazo; ezi izinduna zo ba ezi ka Jehova. **13** Ilelo zibulo lembongolo wo li hlenga ngecwane; uma u nga li hlengi, u l'apule intamo: amazibulo onke abantu emadodaneni ako wo wa hlenga. **14** Ku ya kuti, nxa indodana yako i buza kuwe ngesikati esizayo, i ti, Ku yini loku? u ti kuyo, Ngamandhla esandhla uJehova wa si kipa Egipite, endhlini yobugqili: **15** kwa ti, nxa uFaro e se lukuni ukusiyeka, uJehova wa bulala amazibulo onke ezweni la sEgipite, amazibulo abantu namazibulo ezinkomo: ngakoke ngi ya m hlabela uJehova konke oku vula isisu, oku izinduna; kepa amazibulo onke amadodana ami ngi ya wa hlenga. **16** Ku ya kuba isibonakaliso esandhleni sako, ku be isiqova emkatini wamehlo ako: ngokuba ngamandhla esandhla uJehova wa si kipa Egipite.

17 Kwa ti, uFaro e se ba yekile abantu ukuba ba hambe, uNkulunkulu ka ba holanga ngendhlela yezwe lamaFilisti, nokuba ya i seduze; ngokuba uNkulunkulu wa ti, Funa abantu

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukuhamba kwabantu. Ba landelwa uFaro. Ba vikelwa insika yefu.

ba zisole, nxa be bona impi, ba buyele Egipite: 18 kodwa uNkulunkulu wa ba gwegwezisa abantu ngendhlela ya sehlane nga seLwandhle oluBomvu: aba kwa Israeli b'enyuka ezweni la sEgipite be hlomile. 19 UMoses wa hamba namatambo ka Josefa: ngokuba yena wa e ba fungisile nokubafungisa aba kwa Israeli, wa ti, UNkulunkulu u ya kunihambela nokunihambela; n'enyuse lapa amatambo ami, kanye nani. 20 B'esuka eSukoti ba ya ba ngenisa eEtam, ecaleni kwehlane. 21 UJehova wa hamba pambi kwabo emini ngensika yefu, ukubahola endhleleni, ebusuku ngensika yomlilo ukubakanyisela; ukuba ku hanjwe emini na sebusuku: 22 insika yefu emini nensika yomlilo ebusuku, a i sukanga ngapambi kwabantu.

14 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 2 Kuluma kwaba kwa Israeli, ukuba ba guqukele ba ngenise pambi kwePi-hahiroti, pakati kwe-Migedoli nolwandhle, pambi kweBalizefon: a no ngenisa malungana nalo nga selwandhle. 3 UFaro u ya kuti ngabakwa Israeli, Ba kingekile ezweni, ba valelwe ihlane. 4 Ngi ya kwenza inhliziyo ka Faro i be lukuni, a ba landele; ngi ya kudunyiswa ngoFaro, na ngempi yake yonke; aba sEgipite ba ya kwazi ukuti ngi nguJehova. B'enze njalo. 5 Inkosi ya sEgipite ya bikelwa ukuti abantu b'eqile: inhliziyo ka Faro neyezinceku zake ya penduka mayelana nabantu, ba ti, Yini loku esikwenzileyo ukuba si ba yeke aba kwa Israeli ba hambe, ba nga si konzi. 6 Wa bopela inqolana yake yempi, wa tata nabantu bake: 7 wa tata nezinqolana eziketiweyo ezi ngamakulu a isitupa, nezinqolana zonke za sEgipite, nezinduna zazo zonke. 8 UJehova wa y'enza inhliziyo ka Faro, inkosi ya sEgipite, ya ba lukuni, wa ba landela aba kwa Israeli: aba kwa Israeli ba puma ngesandhla esipakemeyo. 9 Aba sEgipite ba ba landela, amahashi onke, nezinqolana zempi zi ka Faro, nabakwel'amahashi bake, nempi yake, ba ba fica be ngenisile nga selwandhle, nga sePi-hahiroti, pambi kweBali-zefon.

10 Kwa t'uba a sondele uFaro, aba kwa Israeli ba pakamisa amehlo abo, nampa aba sEgipite be ba landela; ba se b'esaba kakulu: ba kala ku Jehova aba kwa Israeli. 11 Ba ti ku Moses, Kanti a e ngeko amatuna Egipite njengoba u si tatile ukuzokufa ehlane na? Yini ukuba u si pate kanje, ngokusikipa Egipite? 12 Leli a silo izwi esalishoyo kuwe Egipite, sa ti, Si yeke, si konze aba sEgipite na? ngokuba nga kwa ba kuhle kitina ukuba si konze aba sEgipite kunokuba si fe ehlane. 13 UMoses wa ti ku bantu, Musan'ukwesaba, yimani, ni bone usindiso lu ka Jehova, a za kunenzela lona namhla: ngokuba aba sEgipite eni ba bonile namhla a ni sa yi kubuya ni ba bone ku ze ku be nini. 14 UJehova u za kunilwela, no zitulela nje nina.

15 UJehova wa ti ku Moses, U kalelani kimi? Kuluma kwaba kwa Israeli, ukuba ba suke ba hambe. 16 Pakamisa induku yako, welule isandhla sako pezu kwolwandhle, u lwahlukanise: aba kwa Israeli ba ya kungena pakati kwolwandhle emhlabatini owomileyo. 17 Mina, bheka, ngi ya kuzenza izinhliziyo zaba sEgipite zi be lukuni, ba ya kungena be ba landela: ngi ya kudunyiswa ngoFaro, na ngempi yake, ngezinqolana zake na ngabakwel'amahashi bake. 18 Aba sEgipite ba ya kwazi ukuti ngi nguJehova, nxa ngi dunyiswa ngoFaro, na ngezinqolana zake, na ngabakwel'amahashi bake. 19 Ingelosi ka Nkulunkulu, e bi hamba pambi kwempi ya kwa Israeli, y'esuka ya ya emva kwabo; insika yefu y'esuka pambi kwabo, ya ya, y'ema emva kwabo: 20 ya fika emkatini wempi yaba sEgipite nempi ya kwa Israeli; kwa ba kona ifu nobumnyama, kanti ya kanyisa ebusuku: a ba za ba sondelana ubusuku bonke.

21 UMoses w'elula isandhla sake pezu kwolwandhle; uJehova wa hambisa ulwandhle ngomoya o vela empumalanga o namandhla ubusuku

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku citwa impi ya sEgipite. Ingoma ka Moses noMiriyam.

bonke, wa pendula ulwandhle lwa ba umhlabati owomileyo, amanzi ahlukana. **22** Aba kwa Israeli ba ngena pakati kwolwandhle emhlabatini owomileyo: amanzi a ba udonga kubo ngakwesokunene na ngakwesokohlo. **23** Aba sEgipite ba ba landela ba ngena emva kwabo pakati kwolwandhle, amahashi onke ka Faro, izinqolana nabakwel'amahashi bake. **24** Kwa ti la se ku zo kusa, uJehova e sensikeni yomlilo neyefu wa lunguza impi yaba sEgipite, wa dunga impi yaba sEgipite. **25** Wa kumula amasondo ezinqolana, ba zi hambisa kalukuni; ba ze ba ti aba sEgipite, A si baleke ebusweni bu ka Israeli; ngokuba uJehova u ya ba lwela kwaba sEgipite.

26 UJehova wa ti ku Moses, Yelula isandhla sako pezu kwolwandhle, ukuba amanzi a buyele pezu kwaba sEgipite, pezu kwezinqolana zabo, na pezu kwabakwel'amahashi babo. **27** UMoses wa s'elula isandhla sake pezu kwolwandhle; ulwandhle lwa buyela ekumeni kwalo, ngovivi lokusa; aba sEgipite ba lu balekela; kepa uJehova wa ba tuntutela aba sEgipite pakati kwolwandhle. **28** Amanzi a buya, a sibekela izinqolana nabakwel'amahashi, impi yonke ka Faro, eya ngena elwandhle emva kwabo; a kwa sala noyedwa kubo. **29** Kodwa aba kwa Israeli ba hamba emhlabatini owomileyo pakati kwolwandhle; amanzi a ba udonga kubo ngakwesokunene na ngakwesokohlo. **30** Kwa ba njaloke uJehova wa sindisa uIsraeli nga lolo suku esandhleni saba sEgipite, uIsraeli wa bona aba sEgipite be file ogwini lolwandhle. **31** UIsraeli wa bona lowo msebenzi omkulu awenzayo uJehova kwaba sEgipite, abantu ba m esaba uJehova: ba kolwa uJehova noMoses, inceku yake.

15 UMoses naba kwa Israeli ba se be hlabelela le ngoma ku Jehova, ba kuluma, ba ti

Ngi ya kuhlabelela ku Jehova,
loku e kulisiwe nokukuliswa:
Ihashi nolikweleyo u li ponsile elwandhle.

2 UJehova u ngamandhla ami nehubo lami,
U se usindiso lwami;
Lo u nguNkulunkulu wami, ngi ya kumdumisa;
UNkulunkulu ka baba, ngi ya kumpakamisa.
3 UJehova u indoda yempi:
UJehova igama lake.
4 Izinqolana zi ka Faro nempi yake u yi ponsile elwandhle;
Izinduna zake eziketiweyo zi zike eLwandhle oluBomvu.
5 Utotololo u ya ba sibekela:
Ba shona ekujuleni njengetshe.
6 Esokunene sako, Jehova, si dumile emandhleni,
Esokunene sako, Jehova, si ya pahlaza isita.
7 Ngobukulu bobudhlondhlobala bako u ya cita abakuvukelayo:
U ya tuma ulaka lwako, lu ya ba dhla njengezibi.
8 Ngokufuta kwamakala ako amanzi a nqwabeleka,
Izifufula z'emisa okwenqwaba;
Utotololo wa nquma pakati kwolwandhle.
9 Sa ti isita,
Ngi ya kubalandela, ngi ba fice, ngi y'abe impango;
Inhliziyo yami i ya kusuta ibo;
Ngi ya kuhosha inkemba yami, isandhla sami si ya kubaqeda.
10 Wa pepeta ngomoya wako, ulwandhle lwa ba sibekela:
Ba shonisa okwomtofu emanzini amakulu.
11 Ubani o njengawe pakati kwa onkulunkulu, Jehova?
Ubani o njengawe, u dumile ngobungcwele;
Wesabeka ngezindumiso, wenza imimangaliso na?
12 W'elula isandhla sako sokunene,
Umhlaba wa ba gwinya.
13 Ngesihau sako wa ba hola abantu obahlengileyo:
Ngamandhla ako u ba qondisele ekaya lako elingcwele.
14 Izizwe z'ezwa, zi ya gedezela:
Aba seFilistia ba y'ehlelwa ukuzibinya.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amanzi a seMara. Ba fika eElim na seSin. Abantu ba konona.

15 A s'e papateka amakosi a sEdom;
Abakulu ba kwa Moabe ba ngenwa itwetwe:
Abantu bonke ba kwa Kanan ba shekezela ba citeka.
16 Ba y'ehlelwa ivuso novalo;
Ngobukulu bengalo yako ba ya tulisa okwetshe;
Ba ze ba wele abantu bako, Jehova,
Ba ze ba wele abantu obatengileyo.
17 U ya kubangenisa, u ba tshale entabeni yefa lako,
Endaweni o zilungisele yona ukuhlala kuyo, Jehova,
Endhlini engcwele, Nkosi, e miswe izandhla zako.
18 UJehova u ya kubusa ku ze ku be nini na nini.

19 Ngoba kwa ngena elwandhle amahashi ka Faro kanye nezinqolana zake, nabakwel'amahashi bake, uJehova wa buyisela amanzi olwandhle pezu kwabo; kodwa aba kwa Israeli ba hamba emhlabatini owomileyo pakati kwolwandhle. 20 UMiriyam, umprofetikazi, udade wabo ka Aron, wa pata isigubu ngesandhla sake; abesifazana bonke ba puma emva kwake, be pete izigubu, be sina. 21 UMiriyam wa ba vumela wa ti,

Hlabelelani ku Jehova, loku e kulisiwe nokukuliswa;
Ihashi nolikweleyo u li ponsile elwandhle.

22 UMoses w'esuka eLwandhle olu-Bomvu naba kwa Israeli, ba pumela ehlane la seShuri; ba hamba izinsuku ezintatu ehlane, be nga fumani amanzi. 23 Ba ti ukufika eMara, ba be nge na kupuza amanzi a seMara, ngokuba a e baba: ngako igama lalo la tiwa iMara. 24 Abantu ba konona ngaye uMoses, ba ti, Si ya kupuzani? 25 Wa kala ku Jehova; uJehova wa m bonisa umuti, wa wu ponsa emanzini, amanzi a ba mtoti. Wa b'enzela kona isimiso nesiko; futi wa ba vivinya kona; 26 wa ti, Uma u lalela nokulalela izwi li ka Jehova, uNkulunkulu wako, wenze oku te ntse emehlweni ake, u beke indhlebe emiyalweni yake, u gcine izimiso zonke zake, a ngi yi kubeka pezu kwako na sinye ku lezo zifo, engizibekileyo pezu kwaba sEgipite: ngokuba ngi nguJehova okupilisayo.

27 Ba fika eElim, lapo ya i kona imitombo yamanzi e ishumi nambili, namasundu a ngamashumi a isikombisa: ba ngenisa lapo nga semanzini.

16 B'esuka eElim, inhlangano yonke yaba kwa Israeli ya fika ehlane la seSin, eli pakati kweElim neSinayi, ngosuku lweshumi nesihlanu lwenyanga yesibili, yiloko ba puma ezweni la sEgipite. 2 Inhlangano yonke yaba kwa Israeli ya konona ngabo oMoses noAron ehlane: 3 aba kwa Israeli ba ti kubo, Sengati nga sa fa ngesandhla si ka Jehova ezweni la sEgipite, lapo sa si hlezi nga semakanzini enyama, sa dhla sa ze sa suta: ngokuba ni si kipele ku leli hlane, ukuba ni bulale lo mbutano wonke ngendhlala.

4 Wa s'e ti uJehova ku Moses, Bheka, ngi ya kuninisela isinkwa si puma ezulwini; abantu a ba pume ba bute isabelo semihla ngemihla, ukuze ngi ba vivinye, ukuba ba ya kuhamba ngomteto wami yini. 5 Ku ya kuti ngosuku lwesitupa, ba ku lungise abakungenisileyo; ku ya kupindwa kabili oku butwa imihla ngemihla. 6 UMoses noAron ba ti kubo bonke aba kwa Israeli, Ngesikati sokuhlwa ni ya kwazi ukuti uJehova u ni kipile ezweni la sEgipite; 7 na kusasa ni ya kubona ubukosi bu ka Jehova; loku u y'ezwa ukukonona kwenu ngoJehova: si yini tina ukuba ni konone ngati? 8 UMoses wa ti, Ni ya kubona lapo uJehova e ni nika inyama kusihlwa ukuba ni dhle, e ni nika nesinkwa kusasa ni ze ni sute; ngoba uJehova u y'ezwa ukukonona kwenu, eni ku konona ngaye; tina si yini? a ni kononi ngati, ni konona ngoJehova. 9 UMoses wa ti ku Aron, Yisho kuyo yonke inhlangano ya kwa Israeli, u ti, Sondelani pambi ku ka Jehova; ngokuba u zwile ukukonona kwenu. 10 Kwa ti, uAron e sa kuluma nenhlangano yonke yaba kwa Israeli, ba buka nga sehlane, bhe-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izigwaca neMana. Ukubutwa kweMana. Isikumbuzelo salo.

ka, ubucwazicwazi bu ka Jehova bu bonakala efwini. 11 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 12 Ngi ku zwile ukukonona kwaba kwa Israeli: kuluma kubo, u ti, Se li shona ilanga ni ya kudhla inyama, kusasa ni ya kusuta isinkwa; ni ya kwazi ukuti ngi nguJehova, uNkulunkulu wenu.

13 Kwa ti Ngesikati sokuhlwa kw'enyuka izigwaca, z'embesa ikamu: kusasa amazolo a e lele ekamu inxa zonke. 14 Kwa t'uba a suke amazolo a be lele kona, nako ebusweni behlane inkwetu e ncinyane, i ncinyane njengesitwatwa emhlabatini. 15 Ba ti aba kwa Israeli ukuyibona, ba ti omunye komunye, Ku yini? ngokuba ba be ng'azi ukuba ku yini. UMoses wa ti kubo, Ku isinkwa uJehova a ni nike sona ukuba ni dhle. 16 Loku ku yiko akuyalileyo uJehova: Ku buteni, ku be ilowo muntu, njengakudhlayo; ihoma ngomuntu, njengobuningi babantu benu no ku tabata; ilowo a tabatele àba setenteni lake. 17 B'enze njalo aba kwa Israeli, abanye ba buta kakulu, abanye kancinyane. 18 Lapo se ku linganiswa ngehoma, owa e butile kakulu ka ku salanga, nowa e butile kancinyane ka swelanga; ba buta kwa ba ilowo njengakudhlayo. 19 UMoses wa ti kubo, Umuntu ka nga shiyi luto kuko, ku ze ku se. 20 Kanti noko, a ba m lalelanga uMoses; abanye ba shiya okunye kwa za kwa sa; kwa zala izimpetu, kwa nuka: uMoses wa ba tukutelela.

21 Ba ku buta kusasa imihla ngemihla, ilowo njengakudhlayo: lapo se li balele kwa ncibilika. 22 Kwa ti ngosuku lwesitupa ba buta isinkwa si pindwa kabili, amahoma amabili ngomuntu: zonke izikulu zenhlangano za fika za yo m tshela uMoses. 23 Wa ti kuzo, Loku ku yiko akukulumileyo uJehova, ukuti, Ingomuso li usuku lokupumula okuzotileyo, isabata elingcwele ku Jehova: yosani loko eni ya kukosa, ni peke loko eni ya kukupeka; konke okuseleyo ni zibekele kona ku kwezwe ku ze ku se. 24 Ba ku beka kwa za kwa sa, njengokuyala ku ka Moses: a kwa nuka, a kwa ba na mpetu. 25 UMoses wa ti, Yidhlani loku namhla; ngokuba namhla yisabata ku Jehova: a ni yi kukutola namhla endhle. 26 A no ku buta izinsuku ezi isitupa; kodwa ngosuku lwesikombisa ku isabata, a ku yi kubako ngalo. 27 Kwa ti ngosuku lwesikombisa abanye ba puma ukuba ba ku bute, a ba ze ba tola luto. 28 UJehova wa ti ku Moses, Ko ze ku be nini ni nqaba ukugcina imiyalo yami nemiteto yami na? 29 A ke ni bheke, loku uJehova u ni pile isabata, ngako u ya ni pa ngosuku lwesitupa isinkwa sezinsuku ezimbili; a ku be ilowo a hlale esikundhleni sake, ku nga pumi na muntu endaweni yake ngosuku lwesikombisa. 30 Abantu ba pumulake ngosuku lwesikombisa.

31 Indhlu ya kwa Israeli ya qamba igama lako ngokuti iMana: kwa ku njengezinhlamvu zekorianderi, ku mhlope; ku zwakalisa emlonyeni okwemiqatane enziwe ngezinyosi. 32 UMoses wa ti, Loku ku yiko akuyalileyo uJehova, ukuti, A ku londolozwe ezizukulwaneni zenu ihoma li gcwele iko, ukuba ba bone isinkwa enga ni pa sona ehlane, ekunikipeni kwami ezweni la sEgipite. 33 UMoses wa ti ku Aron, Tabata imbiza, u fake kuyo ihoma eligcweleyo lemana, u ku beke pambi ku ka Jehova, ku londolozwe ezizukulwaneni zenu. 34 Njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses, uAron wa ku beka pambi kwesiFakazo, ku londolozwe. 35 Aba kwa Israeli ba dhla imana iminyaka e ngamashumi amane, ba za ba fika ezweni elakiweyo; ba dhla imana, ba za ba fika emikaulweni yezwe la kwa Kanan. 36 Ihoma li ngokweshumi kweefa.

17 Inhlangano yonke yaba kwa Israeli y'esuka ehlane la seSin, ngokuhamba kwayo njengezwi li ka Jehova, ba ngenisa eRefidim: a e ngeko amanzi okuba abantu ba puze. 2 Ngakoke abantu ba xabana noMoses, ba ti, Si pe amanzi, si puze. UMoses wa ti kubo, Yini ukuba ni xabane nami? Ni m lingelani uJehova?

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ba piwa amanzi. Ba lwa noAmaleki. UJetro u hambela uMoses.

3 Abantu b'omela amanzi lapo; abantu ba konona ngaye uMoses, ba ti, U s'enyuseleni Egipite ukusibulala, tina nabantwana betu, nemfuyo yetu ngokwoma na? 4 UMoses wa kala ku Jehova, wa ti, Ngi ya kwenzani ku laba bantu na? se ku kancane ukuba ba ngi kande ngamatshe. 5 UJehova wa ti ku Moses, Dhlulela ngapambili kwabantu, u tate amalunga a kwa Israeli; nenduku yako, owa shaya umfula ngayo, u yi pate ngesandhla, u hambe. 6 Bheka, ngi ya kuma pambi kwako lapo pezu kwetshe eHorebe; wo shaya itshe, amanzi a ya kupuma kulo, abantu ba puze. W'enze njalo uMoses emehlweni amalunga a kwa Israeli. 7 Wa qamba igama la leyo ndawo ngokuti iMasa, neMeriba, ngenxa yokuxabana kwaba kwa Israeli, na ngokuba ba m linga uJehova, ba ti, UJehova u kona pakati kwetu yini na?

8 Kwa se ku fika uAmaleki, wa lwa noIsraeli eRefidim. 9 UMoses wa ti ku Joshua, Si ketele amadoda, u pume u lwe noAmaleki: ngomuso ngi ya kuma esiqongweni segquma, i sesandhleni sami induku ka Nkulunkulu. 10 Nembala uJoshua w'enza njengokusho ku ka Moses kuye, wa lwa noAmaleki: uMoses, noAron noHure, b'enyukela esiqongweni segquma. 11 Kwa t'uba uMoses e si pakamisa isandhla sake, wa ba namandhla uIsraeli, na nxa e s'ehlisa isandhla sake wa ba namandhla uAmaleki. 12 Kepa izandhla zi ka Moses za sindana; ba tabata itshe ba li beka pansi kwake, wa hlala pezu kwalo; uAron noHure ba sekela izandhla zake, omunye e ngalapa, omunye e ngalapa: izandhla zake za ti ngqi la za la shona. 13 UJoshua wa m cita uAmaleki nabantu bake ngobukali benkemba. 14 UJehova wa ti ku Moses, Loba loku ku be isikumbuzo encwadini, u ku beke ezindhlebeni zi ka Joshua: ukuti ngi ya kukuhlikihla ku pele ukukunjulwa ku ka Amaleki pansi kwezulu. 15 UMoses w'aka ilati, wa qamba igama lalo ngokuti uJehovanisi; 16 wa ti, Isandhla si sesihlalweni si ka Jehova sokuti, uJehova u ya kulwa noAmaleki izizukulwane ngezizukulwane.

18 UJetro, umpristi wa kwa Midiyan, umkwe ka Moses, w'ezwa konke uNkulunkulu a kwenzele uMoses noIsraeli, abantu bake, ukuti uJehova u kipile uIsraeli Egipite. 2 UJetro, umkwe ka Moses, wa tabata uZipora, umka Moses, e se kade e m hambisile, 3 namadodana ake amabili; igama lenye la li nguGershom; ngokuba wa ti, be ngi te gozololo ezweni labezizwe: 4 igama lenye la li nguEliyezere; ngoba wa ti, UNkulunkulu ka baba wa e umsizi wami wa ng'opula enkembeni ka Faro. 5 UJetro, umkwe ka Moses, wa fika namadodana ake nomkake ku Moses ehlane, lapo wa e ngenisile kona, entabeni ka Nkulunkulu: 6 wa ti ku Moses, Mina Jetro umkwe wako, ngi ze kuwe, nomkako namadodana ake amabili. 7 UMoses wa puma ukumhlangabeza umkwe wake, wa m kotamela, wa m anga; ba buzana impilo; ba ngena etenteni. 8 UMoses wa m tatela umkwe wake konke a be kwenzile uJehova ku Faro na kubo aba sEgipite ngenxa ka Israeli, ukushikashikeka konke okwa b'ehlela endhleleni, nokuti uJehova wa b'opula. 9 UJetro wa jabula ngako konke okuhle uJehova a be kwenzile ku Israeli, ukuti wa e b'opule esandhleni saba sEgipite. 10 UJetro wa ti, Ka bongwe uJehova o n'opule esandhleni saba sEgipite, na sesandhleni si ka Faro; o b'opule abantu pansi kwesandhla saba sEgipite. 11 Kaloku ngi y'azi ukuti uJehova mkulu kunabo bonke onkulunkulu; yebo, na nga loko aba ba gabisela ngako. 12 UJetro, umkwe ka Moses, wa m tabatela uNkulunkulu umnikelo oshiswayo nemihlatshelo: w'eza uAron namalunga onke a kwa Israeli, ukuba ba dhle nomkwe ka Moses pambi ku ka Nkulunkulu.

13 Kwa ti ngangomuso, uMoses wa e hlezi ukwahlulela abantu: abantu b'ema nga kuye uMoses ku suka ekuseni kwa za kwa hlwa. 14 Umkwe

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku miswa abahluli ngesiluleko si ka Jetro. UMoses wenyukela eSinayi.

ka Moses e se bonile konke uMoses a b'enzela kona abantu, wa ti, Indabani le oyenzayo ku bantu na? Yini ukuba u hlale wedwa, abantu bonke be gculile nga kuwe ku suka ekuseni, ku ze ku hlwe? 15 UMoses wa ti ku mkwe wake, Ngokuba abantu b'eza kimi be zo buza ku Nkulunkulu: 16 uma be nendaba b'eza kimi; ngi y'ahlulela pakati kwomuntu nomakelwane wake, ngi ya b'azisa izimiso zi ka Nkulunkulu, nemiteto yake. 17 Umkwe ka Moses wa ti kuye, Indaba oyenzayo a inhle. 18 U ya kusinya nokusinya, wena na laba bantu aba nawe: ngokuba loku ku ya ku sinda; a u namandhla okukwenza u wedwa. 19 A k'u lalele izwi lami, ngi ku luleke, uNkulunkulu a be nawe: mela abantu pambi ku ka Nkulunkulu, u lete izindaba ku Nkulunkulu: 20 u ba fundise izimiso nemiteto, u ba tshengise indhlela, e nga be hamba ngayo, nomsebenzi e nga be w'enza. 21 Futi wo zibonela pakati kwabantu bonke amadoda a nesu, amesabayo uNkulunkulu, amadoda aqinisileyo, a zonda inzuzu embi; u wa beke pezu kwabo, a be izinduna zezinkulungwane, izinduna zamakulu, izinduna zamashumi amahlanu, nezinduna zamashumi: 22 a ku be yizona ezahlulelayo abantu ngezikati zonke: ku letwe kuwe zonke izindaba ezinkulu, kepa z'ahlulele zona izindaba ezincane: ukuze ku be lula kuwe, zi twalisane nawe umtwalo. 23 Uma wenza loku, e ku yala kanje uNkulunkulu, kona u ya kuba namandhla okuma, na laba bantu bonke ba ya kubuyela endaweni yabo ngobuhle. 24 Wa s'e lalela uMoses izwi lomkwe wake, wa kwenza konke a be ku shilo. 25 UMoses wa keta pakati ku ka Israeli wonke amadoda a nesu, wa wa beka a be izinhloko pezu kwabantu, izinduna zezinkulungwane, izinduna zamakulu, izinduna zamashumi amahlanu, nezinduna zamashumi. 26 Z'ahlulela abantu ngezikati zonke: izindaba ezi lukuni za zi leta ku Moses, kepa zonke izindaba ezincane z'ahlulelwa izona. 27 UMoses wa m valelisa umkwe wake; wa suka wa ya ezweni la kubo.

19 Ngenyanga yesitatu ngasemva kwokupuma kwaba kwa Israeli ezweni la sEgipite, nga lolo suku ba fika ehlane la seSinayi. 2 Se be sukile eRefidim, be fikile ehlane la seSinayi, ba ngenisa ehlane; uIsraeli wa ngenisa lapo pambi kwentaba. 3 UMoses w'enyukela ku Nkulunkulu, uJehova wa m memeza e sentabeni, wa ti, Yisho kuyo indhlu ya kwa Jakobe, u ba tshele aba kwa Israeli u ti: 4 Ni bonile engikwenzileyo kwaba sEgipite, nokuti ngi ni twele ngamapiko okozi, nga ni leta kimi. 5 Kalokuke, uma ni lalela nokulalela izwi lami, ni gcine isivumelwano sami, kona ni ya kuba imfuyo yami kunazo zonke izizwe: ngokuba umhlaba wonke u ngowami: 6 ni ya kuba umbuso kimi wabapristi, nesizwe esingcwele. Yilawa amazwi o ya kuwakuluma kwaba kwa Israeli.

7 UMoses wa fika, wa biza amalunga abantu, wa beka pambi kwawo lawa mazwi onke a m yalela wona uJehova. 8 Abantu bonke ba pendula kanyekanye, ba ti, Konke akukulumileyo uJehova, si ya kukwenza. UMoses wa buyisela ku Jehova amazwi abantu. 9 UJehova wa ti ku Moses, Bheka, ngi za kuwe ngezingqimba zamafu, ukuba abantu b'ezwe, nxa ngi kuluma nawe, ba kolwe uwe, ku ze ku be nini. UMoses wa m landisa uJehova amazwi abantu. 10 UJehova wa ti ku Moses, Hamba u ye ku bantu, u ba ngcwelise namhla na ngomuso, ma ba hlanze izingubo zabo, 11 ba lungele usuku lwesitatu; ngokuba ngosuku lwesitatu uJehova u ya kwehlela entabeni iSinayi, emehlweni abantu bonke. 12 Wo ba misela abantu umkaulo inxa zonke, u ti, Xwayani, ni ng'enyukeli entabeni, ni nga tinti emnceleni wayo; lowo o ya kutinta intaba u ya kubulawa nokubulawa: 13 ma ka nga tintwa ngesandhla, kodwa a kandwe nokukandwa ngamatshe, nokuba a cibishelwe nokucibishelwa: a ku nga pili, noma ku inkomo, noma ku umuntu: nxa ku kala icilongo li ti ntwe, ba ya kwenyuka

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Abantu ba yalwa ukuba ba nga sondeli. Imiteto e ishumi.

b'eze entabeni. 14 UMoses w'ehla entabeni wa ya ku bantu; wa ba ngcwelisa abantu; ba hlanza izingubo zabo. 15 Wa ti ku bantu, A no lungela usuku lwesitatu: ni nga sondeli kowesifazana.

16 Kwa ti se ku sa, ngosuku lwesitatu, kwa ba kona ukuduma, nezinyazi, nefu elinzima entabeni, necilongo li kala kakulu; ba tutumela bonke abantu aba be sekamu. 17 UMoses wa kipa abantu ekamu ukumhlangabeza uNkulunkulu; b'ema enzansi nentaba. 18 Intaba yonke ya seSinayi ya tunqa, ngokuba uJehova w'ehlela pezu kwayo ngomlilo; isisi sayo s'enyukisa okwesisi sesitando, intaba yonke ya bikizela kakulu. 19 Kwa t'uba ku ya ngokukula kakulu ukukala kwecilongo, uMoses wa kuluma, uNkulunkulu wa m pendula ngezwi. 20 UJehova w'ehlela entabeni iSinayi, esiqongweni sentaba: uJehova wa m bizela uMoses esiqongweni sentaba; uMoses w'enyuka. 21 UJehova wa ti ku Moses, Yehla u ba yale abantu, funa ba fohlele ku Jehova ukuba ba buke, ku fe abaningi kubo. 22 Ma ku ti nabapristi aba sondela ku Jehova, ba zingcwelise nabo, funa uJehova a ba dumele. 23 UMoses wa ti ku Jehova, Abantu ba ngeke b'enyuke b'eze entabeni iSinayi: ngokuba u si yalile ngokuti, Misela intaba umkaulo, u yi ngcwelise. 24 Wa ti kuye uJehova, Hamba, w'ehle; wo buya wenyuke, wena noAron: kepa a ba nga fohli abapristi nabantu ukwenyukela ku Jehova, funa a ba dumele. 25 W'ehlake uMoses wa ya ku bantu, wa ba tshela.

20 UNkulunkulu wa kuluma onke lawa mazwi, wa ti,

2 Ngi nguJehova, uNkulunkulu wako, okukipileyo ezweni la sEgipite, endhlini yobugqili.

3 U nga bi nabanye onkulunkulu ngapandhle kwami.

4 U nga z'enzeli isitombe esibaziweyo, na mfanekiso wa luto olu sezulwini pezulu, nolu semhlabeni pansi, nolu semanzini pansi kwomhlaba: 5 u nga zi kotameli, u nga zi konzi; ngokuba mina, Jehova, uNkulunkulu wako, ngi nguNkulunkulu o nesikwele, ng'ehlisela ububi ba oyise ku bantwana, kwabesizukulwane sesitatu nesesine sabangizondayo, 6 ngi b'enzela isihau aba izinkulungwane abangitandayo, aba gcina imiyalo yami.

7 U nga li pati ngeze igama li ka Jehova uNkulunkulu wako; ngokuba uJehova a ka yi kumyeka a nga bi nacala o pata igama lake ngeze.

8 Kumbula usuku lwesabata, u lu ngcwelise. 9 Wo sebenza izinsuku ezi isitupa, u w'enze wonke umsebenzi wako; 10 kepa usuku lwesikombisa lu isabata ku Jehova uNkulunkulu wako: u nga sebenzi umsebenzi ngalo, wena, nendodana yako, nendodakazi yako, nesisebenzi sako sesilisa nesesifazana, nezilwane zako, note gozololo kuwe emzini wako: 11 ngoba ngezinsuku ezi isitupa uJehova w'enza izulu, nomhlaba, nolwandhle, nako konke oku kuko, wa pumula ngosuku lwesikombisa: ngako uJehova wa busisa usuku lwesikombisa, wa lu ngcwelisa.

12 Hlonipa uyihlo nonyoko, ukuba izinsuku zako z'ande ezweni a ku nika lona uJehova, uNkulunkulu wako.

13 U nga bulali.

14 U nga pingi.

15 U ng'ebi.

16 U nga fakazi ngomakelwane wako okwamanga.

17 U nga fisi indhlu yomakelwane wako, u nga fisi umfazi womakelwane wako, nesisebenzi sake sesilisa, nesesifazana, nenkomo yake, nembongolo yake, na lunye uto lomakelwane wako.

18 Abantu bonke ba bona ukuduma, nezinyazi, nokukala kwecilongo, nentaba i tunqa: kwa ti abantu se be ku bonile, ba yaluza b'ema kude. 19 Ba se be ti ku Moses, Kuluma wena nati, si zwe; kepa uNkulunkulu ma nga kulumi nati, funa si fe. 20 UMoses wa ti ku bantu, Ni ng'esabi: ngokuba uNkulunkulu u ze, ukuba a ni vivinye, nokuba ukumesaba ku be pambi kwenu, ukuze ni ng'oni. 21 Abantu b'ema kude, uMoses wa so-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Imiteto ngezitombe namalati; ngezigqili; ngamacala obudhlova.

ndela ebumnyameni obu te mbe, lapo wa e kona uNkulunkulu.

22 UJehova wa ti ku Moses, Yisho kwaba kwa Israeli, u ti, Se ni bonile nina ukuti, ngi kulumile nani, ngi sezulwini, 23 Ni ng'enzi luto lu be ndawonye nami; ni nga z'enzeli onkulunkulu besiliva nonkulunkulu begolide. 24 Wo ng'enzela ilati lomhlabati, u hlabele pezu kwalo iminikelo yako eshiswayo neminikelo yako yokutula, izimvu zako, nezinkomo zako: ezindaweni zonke lapo ngi l'enza li kunjulwe kona igama lami, ngi ya kuza kuwe, ngi ku busise. 25 Ko ti uma u ng'enzela ilati lamatshe, u nga l'aki ngamatshe abaziweyo; uma u li pakamisela imbazo, u li ngcolisile. 26 U nga kweli elatini lami ngezikwelo, ukuba ku nga bonakali ubunqunu bako ku lona.

21 Nanka amasiko o ya kuwamisa pambi kwabo.

2 Nxa u tenga isigqili samaHeberu, si ya kusebenza iminyaka e isitupa: ngowesikombisa si ya kupuma si kulekile ngesihle. 3 Uma si ngena si sodwa, si ya kupuma si sodwa: uma si ganiwe, si ya kupuma nomkaso. 4 Uma inkosi yaso e si nika umfazi, umfazi e si zalela amadodana noma amadodakazi; umfazi nabantwana bake ba ya kuba abenkosi yake, sona si ya kupuma si sodwa. 5 Kanti uma isigqili si sho nokusho, si ti, Ngi ya yi tanda inkosi yami, nomkami, nabantwana bami; a ngi yi kupuma ngi kululekile: 6 konake inkosi yaso yo si sondeza ku Nkulunkulu, i si sondeze esicabeni, noma ensikeni yomnyango; inkosi yaso i si cambuse indhlebe ngosungulo; si yi konze ku ze ku be nini.

7 Uma umuntu e tengisa ngendodakazi yake i be isigqili, a si nga pumi njengezesilisa. 8 Uma si sibi emehlweni enkosi yaso, esikileyo sona, yo si vumela si hlengwe: i nga bi namandhla okutengisa ngaso kwabezizwe, loku i si pate ngenkohliso. 9 Uma i si kela indodana yayo, yo si pata njengesiko lamadodakazi. 10 Uma i tabata omunye umfazi; ma i nga ncipisi ukudhla kwaso, nezambato zaso, nobufazi baso. 11 Uma i nga s'enzeli loku okutatu, si ya kupuma ngesihle, ngapandhle kwemali.

12 O shaya umuntu a fe, wo bulawa nokubulawa. 13 Uma e nga m qameli, kepa uNkulunkulu e m nikela esandhleni sake; kona ngi ya kukumisela indawo lapo e ya kubalekela kona. 14 Nxa umuntu e m fikela umakelwane wake ngobujaka, a m bulale ngobuqili; wo m tabata na selatini lami ukuba a fe.

15 O shaya uyise noma unina, wo bulawa nokubulawa.

16 O weba umuntu, a tengise ngaye, noma e funyanwa esandhleni sake, wo bulawa nokubulawa.

17 O tuka uyise noma unina u ya kubulawa nokubulawa.

18 Nxa abantu be xabana, omunye a shaye omunye ngetshe, noma ku ngesibakela a nga fi, kepa a lale ocansini; 19 uma e buya a vuke, a dondolozele pandhle, konake omshayileyo a ka yi kuba nacala, kodwa u ya kukoka isikati sake esapukileyo, a m elape nokumelapa.

20 Nxa umuntu e shaya ngenduku isigqili sake sesilisa nesesifazana, si fe pansi kwesandhla sake; si ya kupindiselwa nokupindiselwa. 21 Kanti noko, uma si hlala usuku lu be lunye, noma zi be zimbili, a si yi kupindiselwa: ngokuba si imali yake.

22 Nxa abantu be xabana, ba limaze owesifazana okulelweyo, a ze a pupumise, ku nga veli ngozi kodwa; wo hlaula nokuhlaula, njengaloko e ya kubeka kuye indoda yowesifazana; a koke njengokunquma kwabahluli. 23 Kepa uma ku vela ingozi, konake wo wenana umpefumulo ngompefumulo, 24 iso ngeso, izinyo ngezinyo, isandhla ngesandhla, unyawo ngonyawo, 25 ukushiswa ngokushiswa, inxeba ngenxeba, isixatu ngesixatu.

26 Nxa umuntu e shaya iso lesigqili sake sesilisa noma elesesifazana, a li bulale; wo si dedela si kululeke ngenxa yeso laso. 27 Uma e shaya izinyo lesigqili sake sesilisa noma

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Imiteto ngendaba yezilwane; ngokuhlaulelwa kwamacala.

elesesifazana, a li kipe; wo si dedela si kululeke ngenxa yezinyo laso.

28 Nxa inkomo i hlaba umuntu wesilisa, noma owesifazana, a fe, inkomo yo kandwa nokukandwa ngamatshe, inyama yayo i nga dhliwa; kepa umnin'inkomo a nga bi nacala. 29 Kodwa uma inkomo i bi zinge i hlaba na ngapambili, ku fakaziwe ku mniniyo, e nga yi gcinanga, ya bulala umuntu wesilisa, noma owesifazana; inkomo yo kandwa ngamatshe, a bulawe nomniniyo. 30 Uma ku bekwa pezu kwake isihlaulo, ka wu hlenge umpefumulo wake ngako konke oku bekwa pezu kwake. 31 Noma i hlabe indodana noma i hlabe indodakazi a kwenziwe kuye njenga lesi sinqumo. 32 Uma inkomo i hlaba isigqili sesilisa, noma esesifazana, umniniso ka nikwe amashekeli esiliva a be amashumi amatatu, inkomo i kandwe ngamatshe.

33 Nxa umuntu e vula umgodi, nanxa emba umgodi e nga wu sibekeli, inkomo, noma imbongolo, i keleketele kuwo, 34 umnin'umgodi ka yi koke; a m nike umniniyo imali, efileyo i be eyake.

35 Nxa inkomo yomuntu i limaza inkomo yomunye, i fe, ma ba tengise ngenkomo ezwayo, imali yayo ba y'ahlukaniselane; nefileyo bo y'ahlukanisa. 36 Kodwa uma kwaziwa ukuti inkomo i bi zinge i hlaba na ngapambili, umniniyo e nga yi gcinanga, ka yi koke nokuyikoka inkomo ngenkomo, efileyo i be eyake.

22 Nxa umuntu eba inkomo, noma imvu, a yi hlabe, noma a tengise ngayo, ka yi koke inkomo ngezinkomo ezi isihlanu, nemvu ngezimvu ezine. 2 Uma isela li funyanwa li fohla, li shaywe, li fe, a ku yi kubako cala legazi ngalo. 3 Uma ilanga li li pumele, ko ba kona icala legazi ngalo; li ya kukoka nokukoka: uma li nge na luto, ko tengiswa ngalo ngenxa ya loko elikwebileyo. 4 Uma okwebiweyo ku funyaniswa esandhleni salo ku s'ezwa, noma ku inkomo, noma ku imbongolo, noma ku imvu; ma li ku koke ku pindwe kabili.

5 Nxa umuntu e hxabisa ensimini, noma esivinini, a si yeke nje isilwane sake, si dhle ensimini yomunye; ka koke ngokuhle kwensimu yake na ngokuhle kwesivini sake.

6 Uma ku qamuka umlilo, wokele emeveni, ku ze ku she nezita zamabele, noma amabele a sezinhlangeni, noma insimu, ku qedwe; yena owutungeleyo umlilo ka ku koke nokukukoka.

7 Nxa umuntu e yisa imali, noma impahla ku makelwane wake, ukuba a yi londoloze, yebiwa endhlini ya lowo muntu; uma isela li funyanwa, ma li koke ku pindwe kabili. 8 Uma isela li nga funyanwa, umninindhlu ma ka sondele ku Nkulunkulu, ku bonwe ukuba ka si yisanga isandhla sake empahleni yomakelwane wake na? 9 Ileyo ndaba yesipambuko, nokuba ku eyenkomo, neyembongolo, neyemvu, neyengubo, neyento noma i yipi elahlekileyo, oku shiwo ngayo ukuti, Le yiyo, indaba yabo bobabili ma i ze ku Nkulunkulu; o ya kulahlwa uNkulunkulu, ka m kokele umakelwane wake ku pindwe kabili.

10 Nxa umuntu e yisa ku makelwane wake imbongolo, noma inkomo, noma imvu, noma ku nga ba isilwane sini, ukuba a si londoloze; uma si fa, noma si limala, noma si tunjwa, ku nga bonwa muntu; 11 isifungo si ka Jehova so ba pakati kwabo bobabili, sokuti, a ka si yisanga yini isandhla sake empahleni yomakelwane wake; umniniyo ka si vume, a nga yi koki. 12 Kepa uma yebiwe nokwebiwa kuye, ka yi koke ku mniniyo. 13 Uma i dwenguliwe, ka yi lete i be ubufakazi, ka nga koki okwadweshulwayo.

14 Nxa umuntu e tsheleka uto ku makelwane wake, lu limale, noma lu fa, umninilo e ngeko kulo, ka lu koke nokulukoka. 15 Uma umninilo e kona kulo, ka nga lu koki: uma lu qashiwe, lu ze ngokuqashwa kwalo.

16 Nxa umuntu e wunga intombi, e nge siyo ingodusi, a lale nayo, ka yi lobole nokuyilobola, i be umkake. 17 Uma uyise ala nokwala ukumnika

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Eminye imiteto eyezwe neyenkolo, amasabata, imikosi nezandulelo.

yona, ka linganisele imali njengokulotsholwa kwezintombi.

18 U nga vumi ukuba isanusikazi si pile.

19 O lala nesilwane ka bulawe nokubulawa.

20 O hlabela omunye unkulunkulu ngapandhle ku ka Jehova yedwa, u ya kushaywa a bhuqwe. **21** U nga katazi owezizwe, u nga m bandezeli: ngokuba na ni ngabezizwe ezweni la sEgipite. **22** Ni nga hlupi abafelokazi nezinkedama. **23** Uma u ba hlupa na ngakupi, be kala kimi na kancane, ngi ya kuzwa nokuzwa ukukala kwabo; **24** ulaka lwami lu ya kuvuta, ngi ni bulale ngenkemba; omkenu ba be abafelokazi, abantwana benu ba be izinkedama.

25 Uma ni tsheleka umuntu imali ongowabantu bami aba nawe ompofu, ni nga m patisi okwabezikweleti; ni nga bizi inzalo kuye. **26** Uma u tabata ingubo yomakelwane wako, i be isibambiso, wo yi buyisela kuye, li nga ka shoni ilanga: **27** ngokuba iyona kupela isimbozo sake, i isambato somzimba wake: u ya kulala ngani na? ku za kuti nxa e kala kimi, ngi mu zwe; ngokuba ngi nomusa.

28 U nga tuki uNkulunkulu, u nga qalekisi isikulu sabantu ba kini. **29** U nga libali neminikelo yokuvama kwezitelo zako nezamavini. Wo ngi nika izibulo emadodaneni ako. **30** Ma wenze njalo na ngezinkomo zako, na ngezimvu zako: li ya kuhlala ku nina izinsuku ezi isikombisa; ngosuku lwesishiyangalombili wo ngi nika lona. **31** Ni ya kuba abantu abangcwele kimi: ngako ni nga dhli inyama e dweshulwe izilo endhle; a no yi ponsa ezinjeni.

23 U nga tuti indaba yamanga: u nga faki isandhla sako ku mashinga u be ufakazi omubi. **2** U nga landeli isixuku ukwenza okubi; nasekufakazeni kwako, u nga pambukeli esixukwini ukupambukisa isinqumo; **3** u nga m vuni nompofu ecaleni lake.

4 Nxa u fumana inkomo yesita sako, noma imbongolo yaso yeduka, yi buyisele nokuyibuyisela kuso. **5** Uma u bona imbongolo yokuzondayo i lele pansi kwomtwalo wayo, mus' ukumshiya, yi kumule nokuyikumula naye.

6 U nga pambukisi isinqumo sompofu wa kini ecaleni lake. **7** Deda u be kude endabeni yamanga; u nga bulali o nge na cala nolungileyo: ngokuba ishinga a ngi yi kuliteta. **8** U nga bi undhlamvuzo: ngokuba umvuzo u puputekisa ababonayo, u hlanekezela amazwi abalungileyo. **9** U nga bandezeli owezizwe: ni y'azi inhliziyo yowezizwe, loku nani be ni ngabezizwe ezweni la sEgipite.

10 Iminyaka e isitupa wo hlwanyela izwe lako, u vune ukudhla kwalo: **11** kepa u li yeke ngomnyaka wesikombisa, li hlale nje li be ifusi, ukuba abampofu kwaba kini ba dhle: okuseleyo kubo a ku dhliwe izilwane za sendhle. Yenze njalo ngesivini sako, na ngeminqumo yako. **12** Wo sebenza umsebenzi wako izinsuku ezi isitupa, u pumule ngosuku lwesikombisa; ukuba ku pumule inkabi yako nembongolo yako, ku pefumule indodana yesigqili sako, nowezizwe. **13** Qapelani konke loku engi ku shilo kini: ni nga li pati igama labanye onkulunkulu, a li nge zwiwa emlonyeni wako.

14 Katatu ngomnyaka a no dhlala umkosi kimi. **15** Wo gcina umkosi wesinkwa esi nge na mvubelo: u ya kudhla isinkwa esi nge na mvubelo izinsuku ezi isikombisa, njengokukuyala kwami, ngesikati esimisiweyo senyanga uAbibi, (ngokuba wa puma ngayo Egipite); a ku nga bonakali muntu pambi kwami e nga pete luto: **16** umkosi wokuvuna, wolibo lwemisebenzi yako, oyihlwanyelayo ensimini: nomkosi wokubuta ekupeleni kwomnyaka, lapo u buta imisebenzi yako ensimini. **17** Abesilisa bako bonke a ba bonakale pambi kweNkosi uJehova katatu ngomnyaka.

18 U nga nikeli igazi lomhlatshelo wami kanye nesinkwa esivutshelweyo; namanoni omkosi wami ma nga sali ku ze ku se. **19** Izandulelo zolibo

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Isivumelwano si ka Jehova noIsraeli. UMoses wenyukela entabeni.

lwezwe lako, wo zi leta endhlini ka Jehova, uNkulunkulu wako. U nga peki izinyane lembuzi obisini lu ka nina.

20 Bheka, ngi ya tuma ingelosi pambi kwako, ukuba i ku londoloze endhleleni, i ku yise endaweni engiyilungisileyo. **21** Qapelani pambi kwayo, ni lalele izwi layo; ni nga yi cunuli; ngokuba a i yi kutetelela isipambuko senu: ngokuba igama lami li pakati kwayo. **22** Kodwa uma u lalela nokulalela izwi layo, u kwenze konke engikukulumayo, konake ngi ya kuba isita eziteni zako, ngi be oyimpi kwaba yimpi kuwe. **23** Ngoba ingelosi yami i ya kuhamba pambi kwako, i ku ngenise kuwo amaAmori, namaHiti, namaPerizi, namaKanan, namaHivi, namaJebusi: ngi ya kuwanyamalalisa. **24** U nga ba kotameli onkulunkulu babo, u nga ba konzi, u ng'enzisi okwemisebenzi yabo; kepa wo ba cita nokubacita, u pahlaze izinsika zabo. **25** A no konza uJehova, uNkulunkulu wenu, kona u ya kubusisa ukudhla kwako, namanzi ako; ngi ya kususa izifo pakati kwako. **26** A ku yi kubako opupumisayo no inyumba ezweni lako: ngi yo ti ng'enze izinsuku zako zi pelele. **27** Ngi ya kutuma ivuso lami pambi kwako, ngi ba dunge abantu bonke o za kufika kubo, ng'enze ukuba zonke izita zako zi ku fulatele. **28** Ngi ya kutuma iminyovu pambi kwako, e ya kuxosha amaHivi, namaKanan, namaHiti pambi kwako. **29** A ngi yi kubaxosha pambi kwako ngomnyaka munye, funa izwe li be ihlane, izilo za sendhle zi kwandele. **30** Ko ya ngokuya ngi de ngi ba xosha pambi kwako, u ze wande, u li dhle ubufa izwe. **31** Ngi ya kukumisela imikaulo ku suka eLwandhle oluBomvu ku ze ku fike elwandhle lwamaFilisti, ku suka ehlane ku ze ku fike eMfuleni: ngokuba ngi ya kukapela esandhleni senu abakileyo ku lelo zwe, u ba xoshe pambi kwako. **32** U ng'enzi isivumelwano nabo na nonkulunkulu babo. **33** A ba nga hlali ezweni lako, funa ba kwenze wone kimi; ngokuba uma u konza onkulunkulu babo ku ya kuba isihibe kuwe.

24 Wa s'e ti ku Moses, Yenyukela ku Jehova, wena, noAron noNadabe, noAbihu, namalunga a kwa Israeli a ngamashumi a isikombisa; ni kuleke ni kude: **2** a ka sondele uMoses, yedwa, ku Jehova; ba nga sondeli bona; nabantu a ba ng'enyuki naye. **3** UMoses w'eza wa ba tshela abantu amazwi onke ka Jehova, namasiko onke: abantu bonke ba pendula ngezwi linye, ba ti, Amazwi onke awakulumileyo uJehova si ya kuwenza. **4** UMoses wa loba amazwi onke ka Jehova, wa vuka ekuseni, w'aka ilati pansi kwentaba, nezinsika ezi ishumi nambili, njengezizwe ezi ishumi nambili za kwa Israeli. **5** Wa tuma izinsizwa zaba kwa Israeli, za nikela iminikelo eshiswayo, za m hlabela uJehova amaduna, imihlatshelo yokutula. **6** UMoses wa tabata inxenye yegazi, wa yi tela emikeleni; inxenye yegazi wa yi fafaza elatini. **7** Wa tabata incwadi yesivumelwano, wa yi funda ezindhlebeni zabantu: ba ti, Konke akukulumileyo uJehova, si ya'u kwenza, si lalele. **8** UMoses wa tabata igazi, wa ba fafaza abantu ngalo, wa ti, Nanti igazi lesivumelwano uJehova asenzileyo nani ngawo onke lawa mazwi.

9 Kwa se kw'enyuka uMoses noAron, noNadabi, noAbihu, namalunga a ngamashumi a isikombisa a kwa Israeli: **10** ba m bona uNkulunkulu ka Israeli; ngapansi kwezinyawo zake kwa kungati ku gandayiwe ngamatshe esafire, kungati izulu uqobo lwalo ngokucweba. **11** Ka bekanga isandhla sake ezikulwini zaba kwa Israeli: ba m bona uNkulunkulu, ba dhla ba puza.

12 UJehova wa ti ku Moses, Yenyukela kimi entabeni, u be kona: ngi ya kukunika izibhebhe zamatshe, nomteto, nomyalo, engikulobileyo, ukuba u ba fundise. **13** W'esuka uMoses kanye nesikonzi sake uJoshua: uMoses w'enyukela entabeni ka Nkulunkulu. **14** Wa ti emalunge-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ba yalwa ngomnikelo wendhlu, nokwenziwa kwompongolo netafula.

ni, Si lindeni lapa, si ze si buyele kini: nampa oAron noHure be kini; uma umuntu e nendaba, a k'eze kubo. **15** UMoses w'enyukela entabeni, ifu l'embesa intaba. **16** Ubukosi bu ka Jehova ba hlala entabeni iSinayi, ifu la y'embesa izinsuku ezi isitupa: ngosuku lwesikombisa e pakati kwefu wa m biza uMoses. **17** Ukubonakala kwobukosi bu ka Jehova ba bu njengomlilo odhlayo esiqongweni sentaba emehlweni aba kwa Israeli. **18** UMoses wa ngena pakati efwini w'enyukela entabeni; uMoses wa e sentabeni izimini ezi ngamashumi amane, nobusuku obu ngamashumi amane.

25 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, **2** Kuluma kwaba kwa Israeli, ukuba ba ngi tatele umnikelo: a no tata umnikelo wami kuye wonke o nhliziyo yake i m quba. **3** Yilo umnikelo eni ya kuwutabata kubo: igolide, nesiliva, netusi, **4** nokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nelineni elicolekileyo, noboya bezimvu, **5** nezikumba ezibomvu zezinqama, nezikumba zamahlengetwa, nomuti wesinqawe, **6** namafuta okukanyisa, namaka amafuta okugcoba, na wempepo etapukayo, **7** namatshe amasardoniki, namatshe okufakwa aweefodi, nawesibeba. **8** Ma ba ng'enzele indhlu e ngcwele, ukuba ngi hlale pakati kwabo. **9** Njengako konke engi ku bonisa kona, njengomfanekiso wetabanekele, nomfanekiso wempahla yonke yalo, a no l'enze njalo.

10 A b'enze umpongolo ngomuti wesinqawe: ubude bawo bu be izingalo ezimbili nenxenye, ububanzi bawo bu be ingalo nenxenye, nokupakama kwawo ku be ingalo nenxenye. **11** U wu fake igolide elicwengekileyo, u wu fake ngapakati na ngapandhle, u w'enzele umbundu wegolide inxa zonke. **12** Wo ncibilikisa igolide, lokuwenzela amasongo amane, u wa beke ezinyaweni zone zawo; amasongo amabili a be kolunye uhlangoti lwawo, amasongo amabili kolunye uhlangoti lwawo. **13** Wenze izinti ngomuti wesinqawe, u zi fake igolide. **14** Wo faka izinti emasongweni a sezinhlangotini zompongolo, ukuba umpongolo u twalwe ngazo. **15** Izinti a zi hlale emasongweni ompongolo: zi nga suswa kuwo. **16** U fake empongolweni isifakazo engi ya kukunika sona. **17** Wenze isihlalo somusa ngegolide elicwengekileyo: ubude baso bu be izingalo ezimbili nenxenye, ububanzi baso bu be ingalo nenxenye. **18** Wenze amakerubi amabili ngegolide; u wenze ngokukandiweyo, ekugcineni kwesihlalo somusa inxa zombili. **19** Wenze elinye ikerubi ekugcineni ngalapa, nelinye ikerubi ekugcineni ngale: wenze amakerubi ekugcineni kwaso inxa zombili, a be into inye nesihlalo somusa. **20** Amakerubi ma elulele amapiko awo ngapezulu, a mboze isihlalo somusa ngamapiko awo, a bhekane ngobuso; ubuso bamakerubi a bu bheke isihlalo somusa. **21** U beke isihlalo somusa pezu kwompongolo; u fake empongolweni isifakazo engi ya kukunika sona. **22** Ngi ya kuhlangana nawe lapo, ngi kulume nawe, ngi ngapezu kwesihlalo somusa, emkatini wamakerubi amabili a pezu kwompongolo wesifakazo, ngako konke engi ya kukuyaleza kona kwaba kwa Israeli.

23 U l'enze netafula ngomuti wesinqawe: ubude balo bu be izingalo ezimbili, ububanzi balo bu be ingalo, ukupakama kwalo ku be ingalo nenxenye. **24** U li fake igolide elicwengekileyo, u l'enzele umbundu wegolide inxa zonke. **25** U l'enzele usiko, olu lingana nesandhla ngobubanzi, inxa zonke; u lwenzele usiko umbundu wegolide inxa zonke. **26** U l'enzele amasongo amane egolide, u wa fake amasongo ezinqutshini zone ezi sezinyaweni zone zalo. **27** Amasongo ka be seduze nosiko, a be izindawo zezinti zokutwala itafula. **28** U z'enze izinti ngomuti wesinqawe, u zi fake igolide, ukuba itafula li twalwe ngazo. **29** Wenze izitsha zalo, nezinkezo zalo, nojeke balo, nezinkamba zalo zokutulula: u z'enze ngegolide elicwengekileyo. **30** Wo beka

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Uti lwezibani. Izisitezo zetabanekele namapulangwe alo.

etafuleni isinkwa sokubhekwa pambi kwami njalonjalo.

31 Wenze uti lwezibani ngegolide elicwengekileyo: a kwenziwe ngokukandiweyo uti lwezibani, nesinqe salo, nesiqu salo; izimbizana zalo namaqubu alo, nezimbali zalo, konke a ku be into inye nalo: **32** a ku be kona izimbaxa ezi isitupa ezi puma ezinhlangotini zalo; izimbaxa ezintatu zoti lwezibani kolunye uhlangoti lwalo, nezimbaxa ezintatu zoti lwezibani kolunye uhlangoti lwalo: **33** izimbizana ezintatu zi faniswa nezimbali zamayalemondi kwenye imbaxa, iqubu nembali; izimbizana ezintatu zi faniswa nezimbali zamayalemondi kwenye imbaxa; iqubu nembali: a ku be njalo kuzo zositupa izimbaxa ezi puma kulo uti lwezibani: **34** a ku be kulo uti lwezibani izimbizana ezine zi faniswa nezimbali zamayalemondi, amaqubu azo nezimbali zazo; **35** iqubu pansi kwezimbaxa ezimbili, li be into inye nalo, nequbu pansi kwezimbaxa ezimbili, li be into inye nalo, nequbu pansi kwezimbaxa ezimbili li be into inye nalo, kuzo zositupa izimbaxa ezi puma kulo uti lwezibani. **36** Amaqubu azo nezimbaxa zazo a ku be into inye nalo; ku be into inye konke okwalo, okukandiweyo kunye kwegolide elicwengekileyo. **37** Wenze izibani zalo zi be isikombisa: izibani zalo zokelwe, ukuba zi kanyise malungana nalo. **38** Isizenze salo nezitsha zalo zensizi a zenziwe ngegolide elicwengekileyo. **39** A lwenziwe ngetalenta legolide elicwengekileyo kanye nazo zonke lezi zimpahla. **40** Bheka, u z'enze njengomfanekiso wazo owa boniswa wona entabeni.

26 Futi-ke itabanekele wo l'enza ngezisitezo ezi ishumi; u l'enze ngelineni lezintanjana ezicolekileyo, nokuluhlaza, nokububende, nokubomvu; u z'enze zi be namakerubi, umsebenzi wengcweti. **2** Ubude besisitezo sinye bu be izingalo ezi ngamashumi amabili nesishiyangalombili, ububanzi besisitezo sinye bu be izingalo ezine: zonke izisitezo zi be isilinganiso sinye. **3** Izisitezo ezi isihlanu ma zi hlanganiswe esinye kwesinye; nezinye izisitezo ezi isihlanu zi hlanganiswe esinye kwesinye. **4** Wenze izihibe ngokuluhlaza ecaleni lesisitezo sinye, empetweni nga sekuhlanganeni; wenze njalo ecaleni lesisitezo sokugcina, ekuhlanganeni kwesibili. **5** Wenze izihibe ezi ngamashumi a isihlanu esisitezweni sinye, wenze nezihibe ezi ngamashumi a isihlanu ecaleni lesisitezo esi sekuhlanganeni kwesibili; izihibe zi bhekane. **6** Wenze izinkibaniso ezi ngamashumi a isihlanu zegolide, u hlanganise izisitezo esinye kwesinye ngezinkibaniso: ku be itabanekele linye.

7 Wenze izisitezo ngoboya bezimbuzi, zi be utente pezu kwetabanekele: wenze izisitezo zi be ishumi nanye. **8** Ubude besisitezo sinye bu be izingalo ezi ngamashumi amatatu, ububanzi besisitezo sinye bu be izingalo ezine: izisitezo ezi ishumi nanye zi be isilinganiso sinye. **9** Wo hlanganisa izisitezo ezi isihlanu zodwa, nezisitezo ezi isitupa zodwa, isisitezo sesitupa u si pinde etenteni pambili. **10** Wenze izihibe ezi ngamashumi a isihlanu ecaleni lesisitezo sinye esokugcina ekuhlanganeni, nezihibe ezi ngamashumi a isihlanu ecaleni lesisitezo sokugcina ekuhlanganeni kwesibili. **11** Wenze izinkibaniso ezi ngamashumi a isihlanu zetusi, u fake izinkibaniso ezihibeni, u hlanganise utente, u be munye. **12** Insali edhluleleyo yezisitezo zotente, inxenye yesisitezo eseleyo a i dhlulele ngasemva kwetabanekele. **13** Ingalo ngalapa, nengalo ngalapa ku loko okuseleyo ebudeni bezisitezo zotente, a ku dhlulele emacaleni etabanekele ngalapa na ngalapa, ukulembesa. **14** Wenze isimbozo sotente ngezikumba ezibomvu zezinqama, nesimbozo ngapezulu ngezikumba zamahlengetwa.

15 Wenze amapulangwe amiyo etabanekele ngomuti wesinqawe. **16** Ubude bepulangwe bu be izingalo ezi ishumi, ububanzi bepulangwe linye ingalo nenxenye. **17** A ku ti ilelo pulangwe li be nemisuka emibili

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

omunye malungana nomunye: yenze njalo kuwo onke amapulangwe etabanekele. 18 Wenze amapulangwe etabanekele, amapulangwe amashumi amabili ohlangotini lwa seningizimu, olu bheka nga seningizimu. 19 Wenze izisekelo ezi ngamashumi amane zesiliva pansi kwamapulangwe amashumi amabili; izisekelo ezimbili pansi kwepulangwe linye ezemisuka emibili yalo, nezisekelo ezimbili pansi kwepulangwe elinye ezemisuka emibili yalo: 20 kolwesibili uhlangoti lwetabanekele olu nga senyakato, amapulangwe amashumi amabili, 21 nezisekelo zawo zesiliva ezi ngamashumi amane; izisekelo ezimbili pansi kwepulangwe linye, nezisekelo ezimbili pansi kwepulangwe elinye. 22 Na semsamo wetabanekele, nga sentshonalanga, wenze amapulangwe a isitupa. 23 Wenze namapulangwe amabili ezingosi zetabanekele ezi semsamo: 24 a be mabili pansi, na kanjalo a pelele a ze a fike pezulu, esongweni lokuqala: a ku be njalo kuwo amabili; a be a wezingosi zombili. 25 Ku ya kuba kona amapulangwe a isishiyangalombili, nezisekelo zawo zesiliva, izisekelo ezi ishumi nesitupa; izisekelo ezimbili pansi kwepulangwe linye, nezisekelo ezimbili pansi kwepulangwe elinye.

26 Wo yenza imishayo ngomuti wesinqawe; i be isihlanu yamapulangwe kolunye uhlangoti lwetabanekele, 27 nemishayo e isihlanu yamapulangwe kolunye uhlangoti lwetabanekele, nemishayo e isihlanu yamapulangwe a sohlangotini lwetabanekele olu semsamo, nga sentshonalanga. 28 Umshayo wa pakati o pakati kwamapulangwe u ya kudabula u suka ekugcineni u ze u finyelele ekugcineni. 29 Amapulangwe u wa fake igolide, u wenze amasongo awo ngegolide, a be izindawo zemishayo: imishayo u yi fake igolide. 30 U mise itabanekele njengesiko lalo, owa boniswa lona entabeni.

31 Wo l'enza iveli ngokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nelineni lezintanjana ezicolekileyo: a l'enziwe li be namakerubi, umsebenzi wengcweti: 32 u li fake ezinsikeni ezine zesinqawe, ezifakwe igolide; izingwegwe zazo zi be igolide, a zi me ezisekelweni ezine zesiliva. 33 U li fake iveli pansi kwezinkibaniso, u ngenise kona pakati kweveli umpongolo wesifakazo: iveli li ya kunahlukanisela indawo e ngcwele nendawo e ngcwelengcwele. 34 U beke isihlalo somusa pezu kwompongolo wesifakazo endaweni e ngcwelengcwele. 35 U beke itafula ngapandhle kweveli, uti lwezibani lu bhekane netafula ohlangotini lwetabanekele olu nga seningizimu; u beke itafula ohlangotini olu nga senyakato.

36 Wenze isihonqa somnyango weTente, ngokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nelineni lezintanjana ezicolekileyo, umsebenzi womfeketisi. 37 U s'enzele isihonqa izinsika ezi isihlanu ngesinqawe, u zi fake igolide; izingwegwe zazo a zi be ezegolide: u ncibilikise itusi u z'enzele izisekelo ezi isihlanu.

27 Wo l'enza ilati ngomuti wesinqawe, ubude balo bu be izingalo ezi isihlanu, ububanzi balo bu be izingalo ezi isihlanu; ilati ma li lingane izinhlangoti zone: ukupakama kwalo ku be izingalo ezintatu. 2 Wenze izimpondo zalo ezinqutshini zone zalo; izimpondo zalo a zi be into inye nalo: u li fake itusi. 3 Wenze amakanzi alo okususa umlota walo, namafosholo alo, nemikele yalo, nezingwegwe zalo zenyama, nemicengezi yalo yomlilo: wenze zonke izimpahla zalo ngetusi. 4 U l'enzele amahele etusi enziwe njengeneta; wenze amasongo amane etusi eneteni, ezinqutshini zone zalo. 5 U lu beke ngenzansi, ngapansi kwoqimba olu zungeza ilati, ukuba ineta li gamanxe ilati. 6 Wenze izinti zelati, izinti zomuti wesinqawe, u zi fake itusi. 7 Izinti zalo a zi fakwe emasongweni, izinti zi be sezinhlangotini zombili zelati, nxa li twalwa. 8 U l'enze ngamapulangwe li be umholo: ma ba l'enze njengaloko owa boniswa kona entabeni.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Igceke letabanekele. Amafuta ezibani. Izingubo zi ka Aron.

9 Wenze negceke letabanekele: nga seningizimu, ohlangotini olu bheka nga seningizimu, a ku be kona izilengalenga zegceke, zelineni lezintanjana ezicolekileyo, ubude bazo bu be izingalo ezi ikulu ohlangotini lunye: **10** izinsika zazo zi be amashumi amabili, nezisekelo zazo zi be amashumi amabili zetusi; izingwegwe zezinsika nezibopo zazo zi be isiliva. **11** Na sohlangotini olu nga senyakato a ku be kona izilengalenga, ubude bazo bu be izingalo ezi ikulu, nezinsika zazo ezi ngamashumi amabili, nezisekelo zazo ezi ngamashumi amabili zetusi; izingwegwe zezinsika nezibopo zazo zi be isiliva. **12** Ububanzi begceke ohlangotini olu nga sentshonalanga bu be izilengalenga ezi izingalo ezi ngamashumi a isihlanu; izinsika zazo zi be ishumi, nezisekelo zazo zi be ishumi. **13** Ububanzi begceke nga sempumalanga, ohlangotini olu bheka nga sempumalanga, bu be izingalo ezi ngamashumi a isihlanu. **14** Izilengalenga kwelinye icala lesango a zi be izingalo ezi ishumi nesihlanu; izinsika zawo zi be ntatu, nezisekelo zazo zi be ntatu. **15** Na kwelinye icala a ku be izilengalenga ezi izingalo ezi ishumi nesihlanu; izinsika zazo zi be ntatu, nezisekelo zazo zi be ntatu. **16** Ko ba kona isihonqa sesango legceke, si be izingalo ezi ngamashumi amabili, esokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nelineni lezintanjana ezicolekileyo, umsebenzi womfeketisi; izinsika zaso zi be zine, nezisekelo zazo zi be zine. **17** Izinsika zonke zegceke inxa zonke a zi be nezibopo zesiliva; izingwegwe zazo a zi be isiliva, nezisekelo zazo zi be itusi. **18** Ubude begceke a bu be izingalo ezi ikulu, ububanzi balo bu be izingalo ezi ngamashumi a isihlanu indawo zonke, ukupakama kwezinsika zalo ku be izingalo ezi isihlanu zelineni lezintanjana ezicolekileyo, izisekelo zezinsika zi be itusi. **19** Izimpahla zonke zetabanekele enkonzweni yonke yalo, nezikonkwane zonke zalo, nezikonkwane zegceke, a zi be itusi.

20 Wo ba yala aba kwa Israeli, ukuba ba lete kuwe amafuta acwengekileyo omnqumo anyiselwe, ukukanyisa, ukuba isibani si vute njalonjalo. **21** Kulo itente lokuhlangana ngapandhle kweveli eli ngapambi kwesifakazo, uAron namadodana ake ba ya kusilungisa ba qale kusihlwa ku ze ku se, pambi ku ka Jehova: ku ya kuba isimiso ku ze ku be nini ezizukulwaneni zabo ngenxa yaba kwa Israeli.

28 Sondeza kuwe uAron, umfo wenu, namadodana ake kanye naye ba pume kwaba kwa Israeli, ukuba a ngi konze ebupristini, uAron, noNadabe, noAbihu, noElazare, noItamare, amadodana ka Aron. **2** U m enzele uAron, umfo wenu, izingubo ezi ngcwele, ezobukosi nezobuhle. **3** U kulume kubo bonke abanhliziyo i hlakanipile, engi ba gcwalisile ngomoya wokuhlakanipa, ukuba ba z'enze izingubo zi ka Aron, zokumngcwelisa, ukuba a ngi konze ebupristini. **4** Yilezi izingubo aba ya kuzenza: isibeba, neefodi, nengubo yobupristi, nengubo embozayo efeketisiweyo, nomshuqulo, nebande: ba m enzele uAron, umfo wenu, namadodana ake izingubo ezi ngcwele, ukuba a ngi konze ebupristini. **5** A ba tabate igolide, nokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nelineni elicolekileyo.

6 Ba l'enze iefodi ngegolide na ngokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nelineni lezintanjana ezicolekileyo, umsebenzi wengcweti. **7** Li be neziziba ezimbili zamahlombe zi hlangane nalo ekugcineni inxa zombili, ukuba li hlanganiswe. **8** Ibande elalukiweyo eli kulo, eli bincwa ngalo, a li be njengokusetshenzwa kwalo, li be into inye nalo; igolide nokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nelineni lezintanjana ezicolekileyo. **9** Wo tabata amatshe amabili amasardoniki, u qope kuwo amagama abantwana ba ka Israeli: **10** amagama a isitupa abo kwelinye itshe, namagama abanye aba isitupa abaseleyo kwelinye itshe, njengokuzalwa kwabo. **11** Ngomsebenzi woqopayo ema-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

tsheni, njengokuqoshwa kwendandato, u wa qope amatshe omabili, njengamagama abantwana ba ka Israeli: u wenze a zungezwe izisekelo zegolide. **12** U beke amatshe omabili ezizibeni zamahlombe zeefodi, a be amatshe esikumbuzo kwaba kwa Israeli: uAron a pate amagama abo emahlombe ake omabili pambi ku ka Jehova, ku be isikumbuzo. **13** Wenze izisekelo zegolide, **14** namaketanga amabili ngegolide elicwengekileyo; w'enze a be njengezintambo, enziwe ngokupotwa: u fake amaketanga apotiweyo ezisekelweni.

15 Wenze isibeba sokwahlulela, umsebenzi wengcweti; u s'enze njengokusetshenzwa kweefodi; u s'enze ngegolide, na ngokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nelineni lezintanjana ezicolekileyo. **16** A si be nezinhlangoti ezine ezilingeneyo, si bangqaniswe; ubude baso bu be njengokwelulwa kweminwe, nobubanzi baso bu be njengokwelulwa kweminwe. **17** U fake kuso izisekelo zamatshe, ku be izinhla ezine zamatshe: uhla lokuqala lu be uhla lwesardio, netopazi, nebareketi; **18** uhla lwesibili lu be isimaragido, nesafire, nedayimani: **19** uhla lwesitatu lu be ijakinte, neshevu, neamatiste; **20** uhla lwesine lu be iberule, isardoniki, nejasipe: a zungezwe ngegolide ezisekelweni zawo. **21** Amatshe ka be njengamagama abantwana ba ka Israeli, ishumi nambili, njengamagama abo; njengokuqoshwa kwendandato, ku be ilowo njengegama lake, a be awezizwe ezi ishumi nambili. **22** Wenze kuso isibeba amaketanga, a be njengezintambo, enziwe ngokupota igolide elicwengekileyo. **23** Wenze amasongo amabili egolide kuso isibeba, u wa fake amasongo omabili ekugcineni kwesibeba inxa zombili. **24** U fake amaketanga amabili apotiweyo egolide emasongweni amabili ekugcineni kwesibeba. **25** Izihloko ezimbili ezinye zamaketanga amabili apotiweyo wo zi faka ezisekelweni zozibili, u zi beke ezizibeni zamahlombe zeefodi, ngapambili. **26** Wenze amasongo amabili egolide, u wa fake ekugcineni kwesibeba inxa zombili, ecaleni laso eli bheka ohlangotini lwefodi ngapakati. **27** Wenze amasongo amabili egolide, u wa fake ezizibeni zozibili zamahlombe zeefodi pansi, ngapambili, eduze nokuhlangana kwalo, pezu kwebande elalukiweyo leefodi. **28** Isibeba a si boshwe ngamasongo aso emasongweni eefodi ngentambo eluhlaza, ukuba si be pezu kwebande elalukiweyo leefodi, ukuze isibeba si nga kumuki kulo iefodi. **29** UAron a pate amagama abantwana ba ka Israeli ngesibeba sokwahlulela pezu kwenhliziyo yake, nxa e ngena endaweni e ngcwele, ku be isikumbuzo pambi ku ka Jehova njalonjalo. **30** U fake esibebeni sokwahlulela iUrim noTumim; ku be pezu kwenhliziyo ka Aron, nxa e ngena pambi ku ka Jehova: uAron a pate ukwahlulelwa kwaba kwa Israeli pezu kwenhliziyo yake pambi ku ka Jehova njalonjalo.

31 Wenze ingubo yeefodi ngokuluhlaza kodwa nje. **32** I ya kuba nembobo yekanda pakati kwayo: i ya kuba nompeto o zungeza imbobo, ongumsebenzi wowalukayo, njengembobo yebantshi lensimbi, ukuba i nga dabuki. **33** Wenze empetweni wayo amaharanati ngokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, empetweni wayo inxa zonke; nezinsimbi zegolide emikatini yawo inxa zonke: **34** ku be insimbi yegolide neharanate, insimbi yegolide neharanate, empetweni wengubo inxa zonke. **35** I ya kuba ku Aron i be eyokukonza: ukukenceza kwayo ku ya kuzwakala lapo e ngena endaweni e ngcwele pambi ku ka Jehova, na lapo e puma, ukuba a nga fi.

36 Wenze ucwecwe ngegolide elicwengekileyo, u qope kulo njengokuqoshwa kwendandato, ukuti, UBUNGCWELE KU JEHOVA. **37** U lu fake ngentambo e luhlaza, lu be emshuqulweni; a lu be ngapambili emshuqulweni. **38** Li ya kuba sebunzini li ka Aron, uAron a twale icala lezinto ezi ngcwele, aba kwa Israeli

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izingubo zobupristi. Ukwahlukaniselwa kwabo ngemihlatshelo.

aba ya kuzingcwelisa kuzo zonke izipo zabo ezi ngcwele; a lu be sebunzini lake njalonjalo, ukuba b'amkelwe pambi ku ka Jehova. 39 Wo yaluka ingubo embozayo efeketisiweyo yelineni elicolekileyo, wenze umshuqulo welineni elicolekileyo, wenze nebande, umsebenzi womfeketisi.

40 Wenzele namadodana ka Aron izingubo ezimbozayo, u wenzele namabande, u wenzele nezigqoko, ku be ezobukosi nezobuhle. 41 Wambatise uAron, umfo wenu, namadodana ake kanye naye, u ba gcobe, u b'ahlukanisele, u ba ngcwelise, ukuba ba ngi konze ebupristini. 42 U b'enzele namabulukwe elineni, ukuba kwembeswe inyama yobunqunu babo; a qale okalweni a ze a fike ematangeni: 43 a ya kuba ku Aron na ku madodana ake, lapo be ngena etenteni lokuhlangana noma be sondela elatini ukukonza endaweni e ngcwele: ba nga tweswa icala ba fe: a ku be isimiso kuye na kuyo inzalo yake emva kwake, ku ze ku be nini.

29 Yiloku o ya kukwenza kubo u ba ngcwelise, ukuba ba ngi konze ebupristini: tabata iduna li be linye itole lenkomo nezinqama ezimbili ezi nge na sici, 2 nesinkwa esi nge na mvubelo, namaqebelengwana a nge na mvubelo a xovwe namafuta, nemiqatane e nge na mvubelo e gcotshwe ngamafuta: u z'enze ngempupu ecolekileyo ka kolweni. 3 Wo zi faka eqomeni linye, u zi sondeze ngeqoma, kanye neduna, nezinqama zombili, 4 U sondeze uAron namadodana ake emnyango wetente lokuhlangana, u ba geze ngamanzi. 5 U tabate izingubo, u m ambatise uAron ngengubo embozayo, nengubo yeefodi, neefodi, nesibeba, u m bincise ibande elalukiweyo leefodi; 6 u fake umshuqulo ekanda lake, u beke umqele o ngcwele emshuqulweni. 7 U b'u su tata amafuta okugcoba, u wa tele ekanda lake, u m gcobe. 8 U sondeze amadodana ake, u w'ambatise ngezingubo ezimbozayo. 9 U ba bincise amabande, uAron namadodana ake, u bope kubo izigqoko: ba be nobupristi ngesimiso esimiyo: u ya kumahlukanisela uAron namadodana ake.

10 Wo sondeza iduna pambi kwetente lokuhlangana: uAron namadodana ake ba beke izandhla zabo enhloko yeduna. 11 U hlabe iduna pambi ku ka Jehova, emnyango wetente lokuhlangana. 12 U tabate igazi leduna, u li bece ezimpondweni zelati ngomunwe wako; u tele igazi lonke pansi nelati. 13 U tabate amanoni onke a mboze umbilini, nomhlehlo o pezu kwesibindi, nezinso zombili, namanoni a kuzo, u ku shise elatini. 14 Kepa inyama yeduna, nesikumba salo, nomswani walo, u ku shise ngomlilo ngapandhle kwekamu: ku umnikelo wokwona.

15 U tabate inqama i benye; uAron namadodana ake ba beke izandhla zabo enhloko yenqama. 16 U yi hlabe inqama, u tabate igazi layo, u fafaze ilati ngalo inxa zonke. 17 U yi hlahlele inqama izito, u hlanze umbilini wayo, namanqina ayo, u ku beke ndawonye nezito zayo, nekanda layo. 18 U shise inqama yonke elatini: ku umnikelo oshiswayo ku Jehova; ku ulwasi olumnandi, ku umnikelo owenziwa ngomlilo ku Jehova.

19 Wo tabata enye inqama; uAron namadodana ake ba beke izandhla zabo enhloko yenqama. 20 U b'u su hlaba inqama, u tabate igazi layo, u li bece esitinzini sendhlebe yokunene ka Aron, na sezitinzini zezindhlebe zokunene zamadodana ake, nasesitupeni sesandhla sokunene sabo, na ku qukulu wonyawo lokunene lwabo, u fafaze ilati ngegazi inxa zonke. 21 U tabate igazi eli kulo ilati, namafuta okugcoba, u fafaze ngako uAron, nezingubo zake, namadodana ake, nezingubo zamadodana ake kanye naye: a be ngcwele yena, nezingubo zake, namadodana ake, nezingubo zamadodana ake kanye naye. 22 U tabate namanoni enqama, nomsila ononileyo, namanoni a mboze umbilini, nomhlehlo wesibindi, nezinso zombili, namanoni a kuzo, nomlenze wokunene (ngoba yinqama yokwahlukaniselwa), 23 u tabate

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Imihlatshelo yokwahlukanisela neyemihla ngemihla.

isinkwa si be sinye, neqebelengwana li be linye lesinkwa esi namafuta, nomqatane u be munye, eqomeni lezinkwa ezi nge na mvubelo ezi pambi ku ka Jehova: **24** u beke konke ezandhleni zi ka Aron na sezandhleni zamadodana ake, u ku zulise ku be umnikelo wokuzuliswa pambi ku ka Jehova. **25** U buye u ku tabate ezandhleni zabo, u ku shise elatini pezu kwomnikelo oshiswayo, ku be ulwasi olumnandi pambi ku ka Jehova: ku umnikelo owenziwa ngomlilo ku Jehova.

26 Wo tabata isifuba senqama yokwahlukanisela ka Aron u si zulise, si be umnikelo wokuzuliswa pambi ku ka Jehova: ko ba isabelo sako. **27** U ngcwelise isifuba somnikelo wokuzuliswa, nomlenze womnikelo wokupakanyiswa, ozuliswayo nopakanyiswayo, okwenqama yokwahlukanisela, loko oku ngoku ka Aron, na loko oku ngokwamadodana ake: **28** ko ba oku ka Aron, nokwamadodana ake ummiselo wabo ku ze ku be nini, o vela kwaba kwa Israeli; ngoba ku umnikelo wokupakanyiswa: ko ba umnikelo wokupakanyiswa o vela kwaba kwa Israeli kuyo imihlatshelo yeminikelo yabo yokutula, umnikelo wabo wokupakanyiswa ku Jehova.

29 Izingubo ezingcwele zi ka Aron zo ba ezamadodana ake emva kwake, ukuba ba gcotshwe, b'ahlukaniselwe b'embete zona. **30** Indodana yake e ngumpristi esikundhleni sake a i z'ambate izinsuku ezi isikombisa, nxa i ngena etenteni lokuhlangana ukukonza endaweni engcwele.

31 Wo tabata inqama yokwahlukanisela, u peke inyama yayo endaweni engcwele. **32** UAron namadodana ake a ba dhle inyama yenqama, nesinkwa esi seqomeni, nga semnyango wetente lokuhlangana; **33** Ba dhle loko oku hlaulelwe ngako, ukuba bahlukaniselwe, ba ngcweliswe: ku nga dhliwa owezizwe, ngokuba ku ngcwele. **34** Uma ku sala inyama yokwahlukanisela ku ze ku se, noma isinkwa, wo ku shisa okuseleyo ngomlilo: ku nga dhliwa ngokuba ku ngcwele.

35 Wo kwenze njalo ku Aron na kuwo amadodana ake, njengako konke engi ku yalile ngako: a ku be izinsuku ezi isikombisa u b'ahlukanisela. **36** U nikele imihla ngemihla iduna, li be umnikelo wokwona u be owokuhlaulela: u potule ilati uma u li hlaulela: u li gcobe, ukuba u li ngcwelise. **37** A ku be izinsuku ezi isikombisa u hlaulela ilati, u li ngcwelisa: ilati li ya kuba ngcwelengcwele; konke okulitintayo ilati ku ya kuba ngcwele.

38 Yiloku o ya kukunikela kulo ilati: ukuti, izimvana ezimbili ezi nomnyaka munye imihla ngemihla, njalonjalo. **39** U nikele enye imvana kusasa; u nikele nenye imvana se li shona ilanga: **40** u nikele nemvana yokuqala okweshumi kweefa lempupu ecolekileyo i xovwe nokwesine kwehini lamafuta anyisiweyo, nokwesine kwehini lewayini, ku be umnikelo wokupuzwa. **41** Enye imvana wo yi nikela se li shona ilanga wenze kuyo njengawo umnikelo wempupu wa kusasa, na njengawo umnikelo wokupuzwa wawo, ku be ulwasi olumnandi, umnikelo owenziwa ngomlilo ku Jehova. **42** Lo u ya kuba umnikelo oshiswayo wa futi ezizukulwaneni zenu, emnyango wetente lokuhlangana pambi ku ka Jehova, lapo ngi ya kuhlangana kona nani, ngi kulume kuwe. **43** Ngi ya kuhlangana kona naba kwa Israeli; iTente li ya kungcweliswa ubukosi bami. **44** Ngi ya kungcwelisa itente lokuhlangana nelati: ngi m ngcwelise naye uAron namadodana ake, ukuba ba ngi konze ebupristini. **45** Ngi ya kuhlala pakati kwaba kwa Israeli, ngi be uNkulunkulu wabo. **46** Ba ya kwazi ukuti, ngi nguJehova, uNkulunkulu wabo, owa ba kipa ezweni la sEgipite, ukuba ngi hlale pakati kwabo: ngi nguJehova uNkulunkulu wabo.

30 Wo l'enza ilati lokutunqisela impepo: u l'enze ngomuti wesinqawe. **2** Ubude balo bu be ingalo, ububanzi balo bu be ingalo; li be

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nezinhlangoti ezine ezilingeneyo; ukupakama kwalo ku be izingalo ezimbili: izimpondo zalo zi be into inye nalo. 3 U li fake igolide elicwengekileyo, ngapezulu, nezinhlangoti zalo inxa zonke, nezimpondo zalo; u l'enzele umbundu wegolide inxa zonke. 4 U l'enzele namasongo amabili egolide pansi kwombundu walo; ezinhlangotini zombili zalo, u w'enze inxa zombili; a be izindawo zezinti zokulitwala. 5 Wenze izinti ngomuti wesinqawe; u zi fake igolide. 6 U li beke pambi kweveli eli nga sempongolweni wesifakazo, pambi kwesihlalo somusa esi pezu kwesifakazo, lapo ngi ya kuhlangana nawe kona. 7 UAron a tunqise kulo impepo etapukayo: kusasa imihla ngemihla, lapo e lungisa izibani a yi tunqise. 8 Na lapo uAron okela izibani se li shona ilanga a yi tunqise, ku be impepo ya futi pambi ku ka Jehova ezizukulwaneni zenu. 9 Ni nga nikeli kulo impepo yabezizwe, nomnikelo oshiswayo, nomnikelo wempupu; ni nga tululeli kulo umnikelo wokupuzwa. 10 UAron ka hlaulele ezimpondweni zalo kanye ngomnyaka; ngegazi lomnikelo wokwona wokuhlaulela, kanye ngomnyaka ka li hlaulele ezizukulwaneni zenu: li ngcwelengcwele ku Jehova.

11 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 12 Nxa u hlanganisa ubuningi baba kwa Israeli njengokubalwa kwabo, a ku be ilowo kubo a nike uJehova isihlaulelo sompefumulo wake, lapo u ba balayo; ukuba ku nga biko isifo kubo lapo u ba balayo. 13 A ba m nike loku, ukuti, ilowo o dhlulela kwababaliweyo inxenye yeshekeli ngokweshekeli lendhlu engcwele: (ishekeli li ngamagera amashumi amabili), inxenye yeshekeli i be umnikelo ku Jehova. 14 Bonke aba dhlulela kwababaliweyo, aba neminyaka e ngamashumi amabili naba nengapezulu, ka ba nikele umnikelo ka Jehova. 15 Ocebileyo a nga niki okukulu, nompofu a nga niki okuncinyane kunenxenye yeshekeli, lapo be nikela umnikelo ka Jehova, ukuba ku hlaulelwe imipefumulo yenu. 16 U ya kutabata imali yokuhlaulela kwaba kwa Israeli, u yi misele inkonzo yetente lokuhlangana, i be isikumbuzo kwaba kwa Israeli pambi ku ka Jehova, ukuba ku hlaulelwe imipefumulo yenu.

17 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 18 Yenza ucengezi lokugeza ngetusi, nesinqe salo si be itusi, ukuba ku gezelwe kulo. U li beke emkatini wetente lokuhlangana nelati, u tele amanzi kulo. 19 UAron namadodana ake ba ya kugeza izandhla zabo nezinyawo zabo kulo: 20 ekungeneni kwabo etenteni lokuhlangana ma ba geze ngamanzi, ukuba ba nga fi; noma be sondela kulo ilati ukukonza, ukushisa umnikelo owenziwa ngomlilo ku Jehova. 21 Ma benze njalo, ba geze izandhla zabo nezinyawo zabo, ukuba ba nga fi: ku ya kuba isimiso ku ze ku be nini kubo, ku yena na kuyo inzalo yake ezizukulwaneni zabo.

22 Futi uJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 23 Zitabatele wena amaka a inhloko, okuti, imure ecininekayo, amashekeli amakulu a isihlanu, nekinamon elitapukayo inxenye ya loko, ukuti, amakulu amabili namashumi a isihlanu, nomhlanga otapukayo, amakulu amabili namashumi a isihlanu, 24 nekida amashekeli amakulu a isihlanu ngokweshekeli lendhlu engcwele, namafuta omnqumo ihini; 25 u kwenze amafuta angcwele okugcoba, amaka okuqola atakiweyo, umsebenzi womtaki: a be amafuta angcwele okugcoba. 26 U gcobe ngawo itente lokuhlangana, nompongolo wesifakazo, 27 netafula nezimpahla zonke zalo, noti lwezibani nezimpahla zalo, nelati lempepo, 28 nelati lomnikelo oshiswayo, nezimpahla zonke zalo, nocengezi lokugeza nesinqe salo. 29 U ku ngcwelise ku be ngcwelengcwele: a ku be ngcwele konke okukutintayo. 30 U m gcobe uAron namadodana ake, u ba ngcwelise, ukuba ba ngi konze ebupristini. 31 U kulume kwaba kwa Israeli, u ti, Lawa ma be amafuta angcwele kimi okugcoba ezizukulwaneni zenu. 32 Ka nga telwa mzimbe-

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Impepo. UBezaleli noOholiyabe. Isabata. Izibhebhe zomteto.

ni wamuntu, ni nga w'enzi a njengawo, njengokutakwa kwawo: a ngcwele ma be ngcwele kini. **33** Lowo o suk'e taka a njengawo, na lowo owatelayo kowezizwe, u ya kunqunywa kwaba kubo.

34 UJehova wa ti ku Moses, Zitabatele amaka atapukayo, okuti, inatafi, neshehelete, nehelibene; amaka atapukayo kanye nenhlaka ecwengekileyo, ku lingene konke; **35** wenze ngako impepo, amaka okuqola, umsebenzi womtaki, e telwa usaoti, enhle, engcwele: **36** U colisise enye, u yi beke pambi kwesifakazo etenteni lokuhlangana, lapa ngi ya kuhlangana nawe kona: yo ba ngcwelengcwele kini. **37** Impepo o ya kuyenza, ni nga z'enzeli yona njenga loku kutakwa kwayo: yo ba ngcwele kuwe, yenzelwe uJehova. **38** Oyenzayo e njengayo, ukuba i hogelwe, u ya kunqunywa kwaba kubo.

31 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, **2** Bheka ngi bize ngegama uBezaleli, ka Uri, ka Hure, owesizwe sa kwa Juda: **3** ngi m gcwalisile ngoMoya ka Nkulunkulu, ekuhlakanipeni na sekuqondeni, na sekwazini, na semisebenzini yonke, **4** ukuba a qambe imisebenzi yobungcweti, a sebenze ngegolide, na ngesiliva, na ngetusi, **5** na sekuqopeni amatshe okufakwa, na sekuqopeni imiti, ukuba a sebenze imisebenzi yonke. **6** Bheka, mina, ngi misile kanye naye uOholiyabe, ka Ahisamaki, owesizwe sa kwa Dan; na sezinhliziyweni zabo bonke abahlakanipileyo ngenhliziyo ngi bekile ukuhlakanipa ukuba ba kwenze konke engi ku yalile ngako: **7** itente lokuhlangana nompongolo wesifakazo nesihlalo somusa esi kuwo, nempahla yonke ye-Tente, **8** netafula, nezimpahla zalo, noti oluhle lwezibani, nezimpahla zonke zalo, nelati lempepo, **9** nelati lomnikelo oshiswayo, nezimpahla zonke zalo, nocengezi lokugeza, nesinqe salo, **10** nezingubo ezenziwa ngokucolekileyo, nezingubo ezingcwele zi ka Aron umpristi, nezingubo zamadodana ake, ukuba ba konze ebupristini, **11** namafuta okugcoba, nempepo etapukayo yendawo engcwele: a b'enze njengako konke engi ku yalile ngako.

12 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, **13** Kuluma futi kwaba kwa Israeli, u ti, A no gcina amasabata ami impela: ngoba ku isibonakaliso pakati kwami nani ezizukulwaneni zenu; ukuba n'azi ukuti, ngi nguJehova oningcwelisayo. **14** A no gcinake isabata; ngoba li ngcwele kini: lowo olidumazayo u ya kubulawa nokubulawa; o sebenza umsebenzi ngalo lowo muntu u ya kunqunywa kwaba kubo. **15** Ko setshenzwa izinsuku ezi isitupa; kepa ngosuku lwesikombisa ku isabata lokupumula okuzotileyo, li ngcwele ku Jehova; o sebenza umsebenzi ngosuku lwesabata u ya kubulawa nokubulawa. **16** Ngako ke aba kwa Israeli a ba gcine isabata ba l'enze isabata ezizukulwaneni zabo, li be isivumelwano esimiyo. **17** Li isibonakaliso pakati kwami naba kwa Israeli ku ze ku be nini: ngokuba ngezinsuku ezi isitupa uJehova w'enza izulu nomhlaba, wa pumula ngosuku lwesikombisa, wa pefumula.

18 Se e qedile ukukuluma naye uMoses entabeni iSinayi, wa m nika izibhebhe ezimbili zesifakazo, izibhebhe zamatshe, ezi lotshwe ngomunwe ka Nkulunkulu.

32 Abantu se be bona ukuti uMoses u libele ukwehla entabeni, abantu ba butana ku Aron, ba ti kuye, Suka, u s'enzele onkulunkulu, aba za kuhamba pambi kwetu; ngoba uMoses lo, umuntu owa s'enyusa ezweni la sEgipite, a s'azi ukuba wehlelwe yini. **2** UAron wa ti kubo, Kumulani amacici egolide a sezindhlebeni zabafazi benu, namadodana enu, namadodakazi enu, ni wa lete kimi. **3** Abantu bonke ba wa kumula amacici egolide a e sezindhlebeni zabo, ba wa leta ku Aron. **4** Wa ku tabata esandhleni sabo, wa ku lumba ngensimbi yokuqopa, wa kwenza inkonyana ebunjiweyo: ba ti, Nampa onkulunkulu bako, Israeli, aba kwenyusa ezweni la sEgipite. **5** UAron

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

wa ti ukuyibona, w'aka ilati pambi kwayo; uAron wa memezela, wa ti, Ngomuso ko ba kona umkosi ku Jehova. **6** Ba se be vuka ekuseni nga-ngomuso, ba nikela iminikelo eshi-swayo, ba leta iminikelo yokutula; abantu ba hlala ukuba ba dhle ba puze, ba suka ukuba ba dhlale.

7 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, Hamba wehle; ngokuba aba-ntu bako, owa b'enyusa ezweni la sEgipite, ba zonakalisile: **8** ba pa-mbukile masinyane endhleleni enga ba yala ngayo: ba z'enzele inkonyana ebunjiweyo, ba kuleka kuyo, ba yi hlabela, ba ti, Nampa onkulunkulu bako, Israeli, aba kwenyusa ezweni la sEgipite. **9** UJehova wa ti ku Moses, Ngi bonile laba bantu, bheka, ba ngabantu abantamo i lukuni: **10** kaloku a k'u ngi yeke, ukuba ulaka lwami lu ba vutele, ngi ba qede: ngi ya kukwenza wena u be isizwe esikulu. **11** UMoses wa m shweleza uJehova, uNkulunkulu wake, wa ti, Jehova, yini ukuba ulaka lwako lu ba vutele abantu bako, obakipileyo ezwe-ni la sEgipite ngezikwepa ezikulu na ngesandhla esi namandhla? **12** Yini ukuba aba sEgipite ba ze ba kulume be ti, Wa ba kipela ububi, ukuba a ba bulale ezintabeni, a ba qede ba nga biko ebusweni bomhlaba? Buya ola-keni lwako oluvutayo, u zisole ku lobu bubi ngabantu bako. **13** Kumbula uAbraham, noIsaka, noIsraeli, izince-ku zako, owa zifunga kubo, wa ti ku-bo, Ngi ya kwandisa inzalo yenu, i be njengezinkanyezi zezulu, ngi yi nike inzalo yenu leli zwe lonke, engi kulumile ngalo, i li dhle ubufa ku ze ku be nini. **14** UJehova wa zisola ngobubi, a b'e ti u za kubenza ku bantu bake.

15 UMoses wa penduka w'ehla entabeni, izibhebhe zombili zesifa-kazo zi sesandhleni sake; izibhebhe eza zi lotshiwe inxa zombili: za zi lotshiwe ngalapa na ngalapa. **16** Izibhebhe za zi umsebenzi ka Nku-lunkulu, nokuloba kwa ku ukuloba ku ka Nkulunkulu, ku qoshiwe ezi-bhebheni. **17** UJoshua wa t'ukuzwa umsindo wabantu be memeza, wa ti ku Moses, Ku kona umsindo wempi ekamu. **18** Wa ti, A ku silo izwi lo-kwenanela ngokwahlula, a ku silo izwi lokukala ngokunqotshwa; kepa ku izwi lokuhuba, engilizwayo. **19** Kwa ti, e se sondele ekamu, wa bona inkonyana, nokusina: ulaka lu ka Moses lwa vuta, wa lahla izibhebhe ezandhleni zake, wa z'apula enzansi kwentaba. **20** Wa tabata inkonya-na aba be y'enzile, wa yi shisa ngo-mlilo, wa yi colisisa, wa yi vumvuzela emanzini, wa puzisa wona aba kwa Israeli.

21 UMoses wa ti ku Aron, Laba bantu b'enzeni ku wena, ukuba u b'ehlisele isono esikulu? **22** UAron wa ti, A lu nga vuti ulaka lwenkosi yami: u ya b'azi abantu, ukuti, ba kuko okubi. **23** Ba te kimi, S'enzele onkulunkulu aba ya kuhamba pambi kwetu; ngokuba uMoses lo, umuntu owa s'enyusa ezweni la sEgipite, a s'azi ukuba wehlelwe yini. **24** Nga ti kubo, O nalo igolide ka li kumule: ba se be ngi nika lona; nga li ponsa emlilweni, kwa puma le nkonyana.

25 UMoses wa ti ukubona ukuti abantu ba uvanzi (uAron wa e b'enze ba ba uvanzi ukuba ba swabulelwe izita zabo), **26** uMoses wa s'ema esangweni lekamu, wa ti, O nga ku Jehova a k'eze kimi. Amadodana onke ka Levi a butana kuye. **27** Wa ti kuwo, U ti uJehova, uNkulunkulu ka Israeli, A ku be ilowo wa kini a bope inkemba yake etangeni, a da-bule ikamu a buye, ku suka esangwe-ni ku ye esangweni lalo, a bulale ilowo umfo wabo, ilowo umngane wake, ilowo umakelwane wake. **28** Amadodana ka Levi enza njengezwi li ka Moses: kwa fa nga lolo suku abantu kungati aba izinkulungwane ezintatu. **29** UMoses wa ti, Z'ahlu-kaniseleni namhla ku Jehova, ilowo a melane nendodana yake, na nomfo wabo; yikona u zo ni nika isibusiso namhla.

30 Kwa ti ngangomuso uMoses wa ti ku bantu, N'onile ngesono esikulu: se ngi za kwenyukela ku Jehova;

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

mhlaumbe ngi za kusihlaulela isono senu. 31 UMoses wa buyela ku Jehova, wa ti, Au, laba bantu b'onile ngesono esikulu, ba z'enzele onkulunkulu begolide. 32 Kanti noko uma u nga ba tetelela isono sabo—; kodwa uma u nga ba teteleli, sal'u su ngi sule encwadini yako, oyilobileyo. 33 UJehova wa ti ku Moses, Owonileyo kimi, ngi ya kumsula yena encwadini yami. 34 Hambake wena u hole abantu u ye ku leyo ndawo enga kuluma ngayo kuwe: bheka, ingelosi yami i ya kuhamba pambi kwako; kepa msukwana ng'ehlisela ngi ya kwehlisela isono sabo pezu kwabo. 35 Wa ba shayake uJehova abantu, ngokuba b'enza inkonyana, ayenzayo uAron.

33 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, Hamba wenyuke lapa, wena nabantu obenyusileyo ezweni la sEgipite, u ye ezweni enga li fungela ku Abraham, na ku Isaka, na ku Jakobe, nga ti, Ngi ya kulinika inzalo yako: 2 ngi ya kutuma ingelosi pambi kwako; ngi xoshe amaKanan, namaAmori, namaHiti, namaPerizi, namaHivi, namaJebusi: 3 u ye ezweni eli vame ubisi nezinyosi: ngokuba a ngi yi kwenyuka ngi pakati kwenu; ngokuba ni ngabantu abantamo i lukuni; funa ngi ni qede endhleleni. 4 Abantu ba ti ukuzwa leyo ndaba embi, ba kala: kwa ku ngeko muntu ofakayo izivunulo zake. 5 UJehova wa ti ku Moses, Yisho kwaba kwa Israeli, u ti, Ni ngabantu abantamo i lukuni; uma ng'enyuka ngi pakati kwenu kungati ngokupazima kweso, ngi ni qede: nga loku kumulani izivunulo zenu, ngi ze ngi bone ukuti ngi za kwenzani kini. 6 Aba kwa Israeli ba zihlubula izivunulo zabo, ku qala entabeni ya se Horebe, ku ya pambili njalo.

7 UMoses wa e hlonze ukutabata itente e li misa ngapandhle kwekamu, li kude nalo ikamu; wa li qamba ngokuti iTente lokuhlangana. Kwa ku ti bonke aba funa uJehova ba pume ba ye etenteni lokuhlangana ela li ngapandhle kwekamu. 8 Kwa ku ti nxa uMoses e puma ukuya eTenteni abantu bonke ba suke b'eme, ku ilowo emnyango wetente lake, ba m buke uMoses a ze a ngene eTenteni. 9 Kwa ti, uMoses e se ngenile eTenteni, kw'ehla insika yefu, y'ema nga semnyango weTente: uJehova wa kuluma noMoses. 10 Abantu bonke ba bona insika yefu i mi nga semnyango weTente: abantu bonke ba suka ba kuleka, kwa ba ilowo nga semnyango wetente lake. 11 uJehova wa kuluma ku Moses, ubuso nobuso, njengomuntu e kuluma nesihlobo sake. Wa buyela ekamu: kepa isikonzi sake, uJoshua ka Nun, insizwa, ka sukanga eTenteni.

12 UMoses wa ti ku Jehova, Bhekake, wena u ti kimi, B'enyuse laba bantu: kodwa a u ng'azisanga yena o ya kumtuma nami. Kanti u shilo wa ti, Ngi ya kwazi wena ngegama, u nesasasa kimi. 13 Ngakoke uma bala ngi nesasasa kuwe, a k'u ng'azise manje izindhlela zako, ngi ze ngi kwazi, ukuba ngi be nesasasa kuwe: bheka, si ngabantu bako lesi sizwe. 14 Wa s'e ti, Ngi ya kuhamba nawe, mina uqobo, ngi ku pumuze. 15 Wa ti kuye, Uma u nga hambi nati, wena uqobo, u nga s'enyusi lapa. 16 Ngoba ko ze kwazeke ngani ukuti, mina nabantu bako si nesasasa kuwe na? a ku yi yini ngokuhamba kwako nati? si ze s'ahlukaniswe nabo bonke abantu aba sebusweni bomhlaba mina nabantu bako na?

17 UJehova wa ti ku Moses, Ngi zo kwenza na loku okukulumileyo; ngokuba u nesasasa kimi, ngi ya kwazi ngegama. 18 Wa ti, A k'u ngi bonise ubukosi bako. 19 Wa ti, Ngi ya kudhlulisa pambi kwako ukulunga konke kwami, ngi memezele igama li ka Jehova pambi kwako; ngi ya kuba nomusa ku yena engi ya kuba nomusa kuye, ngi be nesihe ku yena engi ya kuba nesihe kuye. 20 Wa ti, U nge bone ubuso bami; ngokuba ka soze a ngi bone umuntu a pile. 21 UJehova wa ti, Nansi indawo kimi; u za kuma etsheni: 22 ku za kuti, bu

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ezinye izibhebhe. UJehova u bonakala kuye. Imiteto yesivumelwano.

sa dhlula ubukosi bami, ngi ku fake ofantwini lwetshe, ngi ku mboze ngesandhla sami, ngi ze ngi dhlule: 23 ngi za kususa isandhla sami, u bone umhlana wami; kepa ubuso bami a bu yi kubonwa.

34 UJehova wa ti ku Moses, Zibazele izibhebhe ezimbili zamatshe njengezokuqala: ngi ya kuloba ezibhebheni amazwi a e kona ezibhebheni zokuqala owazipahlazayo. 2 A u be se u lungele ikusasa, wenyukele ekuseni entabeni iSinayi, u me kona pambi kwami esiqongweni sentaba. 3 A ku ng'enyuki muntu nawe; a ku nga bonwa muntu entabeni yonke a ku nga hxabi izimvu nezinkomo malungana na leyo ntaba. 4 Wa baza izibhebhe ezimbili zamatshe njengezokuqala; uMoses wa vuka ekuseni nga kusasa w'enyukela entabeni iSinayi, njengaloko uJehova a be m yalile ngako, wa pata ngesandhla sake izibhebhe ezimbili zamatshe. 5 UJehova w'ehla efwini, w'ema kona naye, wa memezela igama li ka Jehova. 6 UJehova wa dhlula ngapambi kwake, wa memeza, wa ti, UJehova, uJehova, uNkulunkulu o nesihe, o nomusa, o puza ukutukutela, o vama isihau neqiniso; 7 o londela aba izinkulungwane isihau, o tetelela ububi, nokupambuka, nokwona; o ngeke a sule icala, e w'ehlisela ku bantwana ububi ba oyise, na ku bantwana babantwana, kwabesizukulwane sesitatu, nesesine. 8 UMoses wa shesha wa kotamela pansi, wa kuleka. 9 Wa ti, Nkosi, uma ngi nesasasa kuwe, ma i hambe iNkosi i pakati kwetu; ngokuba ku ngabantu abantamo i lukuni; u si tetelele amacala etu nokwona kwetu, u si tate si be ifa lako.

10 Wa ti, Bheka, ng'enza isivumelwano: ngi ya kwenza imimangaliso pambi kwabantu bonke bako, e nga bonanga yenziwa emhlabeni wonke, na ku sipi isizwe; abantu bonke o kona pakati kwabo, ba ya kubona umsebenzi ka Jehova; ngokuba ku y'esabeka loko engi kwenza kuwe. 11 Wo gcina loku engi ku yala ngako namhla: bheka, ngi ya xosha pambi kwako amaAmori, namaKanan, namaHiti, namaPerizi, namaHivi, namaJebusi. 12 Xwaya, u ng'enzi isivumelwano nabakileyo ezweni o ya kulo, funa ku be isihibe pakati kwako: 13 a no bidhliza amalati abo. ni pahlaze izinsika zabo, ni gaule oAshera babo 14 (ngokuba a u yi kukuleka komunye unkulunkulu: ngokuba uJehova, igama lake li nguSikwele, u nguNkulunkulu o nesikwele); 15 funa wenze isivumelwano nabakileyo ezweni, ba febe na onkulunkulu babo ngokubalandela, ba hlabele onkulunkulu babo, u menywe u dhle umhlatshelo wake; 16 u wa tabatele amadodana ako amadodakazi abo, namadodakazi abo a febe na onkulunkulu bawo ngokubalandela, enze ukuba amadodana ako a ye a febe na onkulunkulu bawo ngokubalandela. 17 U nga z'enzeli onkulunkulu ababunjiweyo.

18 Wo gcina umkosi wesinkwa esi nge na mvubelo. Wo dhla isinkwa esi nge na mvubelo izinsuku ezi isikombisa, njengokukuyala kwami, ngesikati esimisiweyo senyanga uAbibi; ngokuba ngenyanga uAbibi wa puma Egipite. 19 Konke oku vula isisu ku ngokwami; nezinkomo zonke zako ezi izinduna, amazibulo ezinkomo na wezimvu. 20 Kepa izibulo lembongolo wo li hlenga ngecwane: uma u nga li hlengi, l'apule intamo. Amazibulo onke amadodana ako wo wa hlenga. A ku nga bonakali muntu pambi kwami e nga pete luto.

21 Wo sebenza izinsuku ezi isitupa, kepa ngosuku lwesikombisa wo pumula: u pumule ngesikati sokulima nesokuvuna. 22 U w'enze umkosi wamasonto, wolibo lu ka kolweni ovuniweyo, nomkosi wokubuta ekugcineni kwomnyaka. 23 Katatu ngomnyaka bonke abesilisa bako a ba bonakale pambi kweNkosi uJehova, uNkulunkulu wa kwa Israeli. 24 Ngokuba ngi ya kuxosha izizwe pambi kwako, ng'anule imikaulo yako: a ku yi kubako muntu olifisayo izwe lako, lapo wenyuka ukuya ku-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ubuso bu ka Moses bu ya kazimula. Umnikelo wetabanekele.

bonakala pambi ku ka Jehova, uNkulunkulu wako, katatu ngomnyaka.

25 U nga nikeli igazi lomhlatshelo wami kanye nesinkwa esivutshelweyo; a ku nga sali, ku ze ku se, umhlatshelo womkosi wepasika. **26** Izandulela zolibo lwezwe lako wo zi leta endhlini ka Jehova, uNkulunkulu wako. U nga peki izinyane lembuzi obisini lu ka nina.

27 UJehova wa ti ku Moses, Loba lawa mazwi: ngokuba ngokusho kwa lawa mazwi ng'enze isivumelwano nawe naba kwa Israeli. **28** Wa e kona noJehova izimini ezi ngamashumi amane nobusuku obu ngamashumi amane; ka dhlanga kudhla, ka puzanga manzi. Wa loba ezibhebheni amazwi esivumelwano, amazwi a ishumi.

29 Kwa ti uMoses e s'ehla entabeni iSinayi, izibhebhe ezimbili zesifakazo zi sesandhleni si ka Moses, e s'ehla entabeni, uMoses wa e ng'azi ukuti isikumba sobuso bake si ya kazimula ngenxa yokukuluma kwake naye. **30** UAron nabo bonke aba kwa Israeli bati ukumbona uMoses, nasi, isikumba sobuso bake si kazimula: b'esaba ukusondela kuye. **31** UMoses wa ba biza; uAron nezikulu zonke zenhlangano za buyela kuye: uMoses wa kuluma nabo. **32** Ngasemva kwa buya kwa sondela aba kwa Israeli bonke: wa ba yala ngako konke uJehova a be ku kulumile naye entabeni iSinayi. **33** UMoses e se qedile ukukuluma nabo, wa mboza ubuso bake ngeveli. **34** Kwa ti uMoses e sa ngena pambi ku ka Jehova ukukuluma naye, wa kumula iveli, wa za wa puma; wa s'e puma wa kuluma kwaba kwa Israeli loko akuyaliweyo. **35** Aba kwa Israeli ba bona ubuso bu ka Moses ukuti isikumba sobuso bake si ya kazimula; uMoses wa mboza ubuso bake ngeveli futi, wa za wa ngena ukukuluma naye.

35 UMoses wa buta inhlangano yonke yaba kwa Israeli, wa ti kubo, Yilawa amazwi, awayalileyo uJehova ukuba ni w'enze. **2** Ko setshenzwa izinsuku ezi isitupa; kepa ngosuku lwesikombisa a ku be usuku olungcwele kini, isabata lokupumula okuzotileyo ku Jehova: lowo o sebenza umsebenzi ngalo wo bulawa. **3** Ni nga basi umlilo ezindhlini zenu ngosuku lwesabata.

4 UMoses wa kuluma kuyo yonke inhlangano yaba kwa Israeli, wa ti, Yiloku akuyalileyo uJehova, e ti, **5** Tabatani kini umnikelo u be oka Jehova; o qutshwa inhliziyo yake a wu lete umnikelo ka Jehova; igolide, nesiliva, netusi, **6** nokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nelineni elicolekileyo, noboya bezimbuzi, **7** nezikumba ezibomvu zezinqama, nezikumba zamahlengetwa, nomuti wesinqawe, **8** namafuta okukanyisa, namaka amafuta okugcoba, nawempepo etapukayo, **9** namatshe amasardoniki, namatshe okufakwa, aweefodi, nawesibeba.

10 Bonke abanhliziyo i hlakanipile a b'eze, ba kwenze konke akuyalileyo uJehova: **11** itabanekele, notente walo, nesimbozo salo, nezinkibaniso zalo, namapulangwe alo, nemishayo yalo, nezinsika zalo, nezisekelo zalo; **12** umpongolo nezinti zawo, nesihlalo somusa, neveli lesihonqa; **13** itafula nezinti zalo, nezimpahla zonke zalo, nesinkwa sokubhekwa; **14** noti lwezibani lokukanyisa, nezimpahla zalo, nezibani zalo, namafuta okukanyisa; **15** nelati lempepo, nezinti zalo, namafuta okugcoba, nempepo etapukayo, nesihonqa somnyango, emnyango wetabanekele; **16** ilati lomnikelo oshiswayo, namahele alo etusi, nezinti zalo, nezimpahla zonke zalo, nocengezi lokugeza nesinqe salo; **17** izilengalenga zegceke, izinsika zazo, nezisekelo zazo, nesihonqa sesango legceke; **18** nezikonkwane zetabanekele, nezikonkwane zegceke, nezintambo zazo; **19** izingubo ezenziwa ngokucolekileyo zokukonza endaweni engcwele, izingubo ezingcwele zi ka Aron, umpristi, nezingubo zamadodana ake zokukonza ebupristini.

20 Ya suka pambi ku ka Moses inhlangano yonke yaba kwa Israeli.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku letwa umnikelo. Ku bizwa izisebenzi. Umnikelo u ya cicima.

21 W'eza wonke owa vuswa inhliziyo yake, naye wonke owa qutshwa umoya wake, ba leta umnikelo ka Jehova, owomsebenzi wetente lokuhlangana, nowenkonzo yonke yalo, nowezingubo ezingcwele. 22 B'eza abesilisa kanye nabesifazana, bonke aba qutshwa izinhliziyo zabo, ba leta iziqobosha, namacici, nezindandato, namasinda, izimpahla zonke zegolide; wonke umuntu owa nikela umnikelo wegolide ku Jehova. 23 Nabo bonke okwa funyanwa kubo okuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nelineni elicolekileyo, noboya bezimbuzi, nezikumba ezibomvu zezinqama, nezikumba zamahlengetwa, ba ku leta. 24 Bonke aba nikela umnikelo wesiliva, nowetusi ba leta umnikelo ka Jehova; nabo bonke okwa funyanwa kubo umuti wesinqawe oku nga setshenzelwa inkonzo ngawo, ba wu leta. 25 Abesifazana bonke abanhliziyo i hlakanipile ba pota ngezandhla zabo, ba leta abakupotileyo, okuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nelineni elicolekileyo. 26 Nabesifazana bonke abanhliziyo i ba vusele ukuhlakanipa, ba pota uboya bezimbuzi. 27 Izikulu za leta amatshe amasardoniki, namatshe okufakwa, aweefodi, nawesibeba; 28 namaka, namafuta: awokukanyisa, nawamafuta okugcoba, nawempepo etapukayo. 29 Aba kwa Israeli ba leta umnikelo ku Jehova wesihle; bonke abesilisa nabesifazana abanhliziyo i ba qubile ukuba ba letele umsebenzi wonke, a be yalile uJehova ukuba wenziwe nguye uMoses.

30 UMoses wa ti kwaba kwa Israeli, Bhekani, uJehova u bizile ngegama uBezaleli, ka Uri, ka Hure, wesizwe sa kwa Juda; 31 u m gcwalisile ngoMoya ka Nkulunkulu, ekuhlakanipeni na sekuqondeni, na sekwazini na semisebenzini yonke; 32 ukuba a qambe imisebenzi yobungcweti, a sebenze ngegolide, na ngesiliva, na ngetusi, 33 na ngokuqopa amatshe okufakwa, na ngokuqopa imiti, ukuba a sebenze imisebenzi yonke yobungcweti. 34 U bekile enhliziyweni yake, ukuba a fundise, yena noOholiyabe, ka Ahisamaki, wesizwe sa kwa Dan. 35 Laba u ba gcwalisile ngokuhlakanipa kwenhliziyo, ukuba ba sebenze imisebenzi yonke, eyomqopi, neyengcweti, neyomfeketisi ngokuluhlaza, na ngokububende, na ngokubomvu, na ngelineni elicolekileyo, neyomaluki, eyabo aba sebenza na mupi umsebenzi, naba qamba imisebenzi yobungcweti.

36 1 UBezaleli noOholiyabe ba ya kusebenza, nabo bonke abanhliziyo i hlakanipile, uJehova a fakile kubo ukuhlakanipa nokuqonda, ukuba ba kwazi ukwenza imisebenzi yonke yenkonzo yendhlu engcwele, njengako konke akuyalileyo uJehova.

2 UMoses wa biza uBezaleli noOholiyabe, nabo bonke abanhliziyo i hlakanipile, uJehova a be fakile ukuhlakanipa ezinhliziyweni zabo, bonke aba vuswa izinhliziyo zabo ukuza emsebenzini, ukuba ba w'enze: 3 ba se be wu tabata ku Moses umnikelo wonke, aba kwa Israeli aba be wu letele umsebenzi wenkonzo yendhlu engcwele, ukuba wenziwe ngawo. Kwa sa ku yiloku be leta njalo ku Moses okwesihle. 4 Kw'eza abahlakanipileyo bonke, aba be sebenza umsebenzi wonke wendhlu engcwele, be puma bonke emisebenzini yabo abayisebenzayo; 5 ba kuluma ku Moses, ba ti, Abantu ba leta okuningi kakulu kunokwanele ukuba ku setshenzwe umsebenzi ayalayo uJehova, ukuba wenziwe. 6 UMoses wa yala, ba quba izwi ekamu, lokuti, A ku nga be ku sa setshenzwa owesilisa nowesifazana omunye umsebenzi womnikelo wendhlu engcwele. Ba se be yekiswa abantu ukuleta. 7 Ngokuba okwa se kwenziwe, kwanela umsebenzi wonke, ukuba wenziwe ku sale.

8 Bonke abanhliziyo i hlakanipile ku bona aba sebenza umsebenzi, b'enza itabanekele ngezisitezo ezi ishumi; uBezaleli wa z'enza ngelineni lezintanjana ezicolekileyo, nokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, kanye namakerubi, umsebenzi wengcweti; 9 Ubude besisitezo sinye ba bu izingalo

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Kwenziwa izisitezo, namapulangwe, neveli, nesihonqa.

ezi ngamashumi amabili nesishiyangalombili, ububanzi besisitezo sinye ba bu izingalo ezine: izisitezo zonke za zi isilinganiso sinye. **10** Wa hlanganisa izisitezo ezi isihlanu esinye kwesinye: wa hlanganisa nezinye izisitezo ezi isihlanu esinye kwesinye. **11** W'enza izihibe ngokuluhlaza ecaleni lesisitezo sinye, empetweni nga sekuhlanganeni: w'enze njalo ecaleni lesisitezo sokugcina, ekuhlanganeni kwesibili. **12** W'enza izihibe ezi ngamashumi a isihlanu esisitezweni sinye, w'enza izihibe ezi ngamashumi a isihlanu ecaleni lesisitezo esa si sekuhlanganeni kwesibili: izihibe za bhekana. **13** W'enza izinkibaniso zegolide ezi ngamashumi a isihlanu, wa hlanganisa izisitezo, esinye kwesinye ngezinkibaniso: kwa ba itabanekele linye.

14 W'enza izisitezo ngoboya bezimbuzi, za ba utente pezu kwetabanekele: w'enza izisitezo ezi ishumi nanye. **15** Ubude besisitezo sinye ba bu izingalo ezi ngamashumi amatatu, ububanzi besisitezo sinye ba bu izingalo ezine: izisitezo ezi ishumi nanye za zi isilinganiso sinye. **16** Wa hlanganisa izisitezo ezi isihlanu zodwa, nezisitezo ezi isitupa zodwa. **17** W'enza izihibe ezi ngamashumi a isihlanu ecaleni lesisitezo sokugcina ekuhlanganeni, w'enza nezihibe ezi ngamashumi a isihlanu ecaleni lesisitezo sokugcina ekuhlanganeni kwesibili. **18** W'enza izinkibaniso ezi ngamashumi a isihlanu zetusi, ukuba utente u hlanganiswe u be munye. **19** W'enza isimbozo sotente ngezikumba ezibomvu zezinqama, nesimbozo ngapezulu ngezikumba zamahlengetwa.

20 W'enza amapulangwe amiyo etabanekele ngomuti wesinqawe. **21** Ubude bepulangwe ba bu izingalo ezi ishumi, ububanzi bepulangwe linye ba bu ingalo nenxenye. **22** Ilelo pulangwe la li nemisuka emibili omunye malungana nomunye: w'enze njalo kuwo onke amapulangwe etabanekele. **23** W'enza amapulangwe etabanekele: amapulangwe amashumi amabili ohlangotini lwa seningizimu olu bheka nga seningizimu; **24** w'enza izisekelo ezi ngamashumi amane zesiliva pansi kwamapulangwe amashumi amabili; izisekelo ezimbili pansi kwepulangwe elinye, ezemisuka emibili yalo, nezisekelo ezimbili pansi kwepulangwe elinye, ezemisuka emibili yalo. **25** Na kolwesibili uhlangoti lwetabanekele olu nga senyakato w'enza amapulangwe amashumi amabili, **26** nezisekelo zawo zesiliva ezi ngamashumi amane: izisekelo ezimbili pansi kwepulangwe elinye, nezisekelo ezimbili pansi kwepulangwe elinye. **27** Na semsamo wetabanekele, nga sentshonalanga w'enza amapulangwe a isitupa. **28** W'enza namapulangwe amabili ezingosi zetabanekele ezi semsamo. **29** A ba mabili pansi; na kanjalo a pelela a za a fika pezulu, esongweni lokuqala: w'enze njalo kuwo omabili, ezingosini zombili. **30** Kwa ku kona amapulangwe a isishiyangalombili, nezisekelo zawo zesiliva, izisekelo ezi ishumi nesitupa; izisekelo ezimbili pansi kwamapulangwe onke ngamanye.

31 W'enza imishayo ngomuti wesinqawe; ya ba isihlanu yamapulangwe kolunye uhlangoti lwetabanekele, **32** nemishayo a isihlanu yamapulangwe kolunye uhlangoti lwetabanekele, nemishayo e isihlanu yamapulangwe etabanekele a sohlangotini olu semsamo nga sentshonalanga. **33** W'enza umshayo wa pakati u dabule pakati kwamapulangwe u suke ekugcineni u ze u finyelele ekugcineni. **34** Amapulangwe wa wa faka igolide, w'enza amasongo awo ngegolide, a be izindawo zemishayo; imishayo wa yi faka igolide.

35 Wa l'enza iveli ngokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nelineni lezintanjana ezicolekileyo: wa l'enza li be namakerubi, umsebenzi wengcweti. **36** Wa l'enzela izinsika ezine ngesinqawe, wa zi faka igolide: iziingwegwe zazo za zi igolide: wa ncibilikisa isiliva wa z'enzela izisekelo ezine. **37** W'enza isihonqa somnyango weTente, ngokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nelineni lezinta-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Kwenziwa umpongolo, netafula, noti lwezibani, nelati lempepo.

njana ezicolekileyo, umsebenzi womfeketisi; 38 nezinsika zaso ezi isihlanu, nezingwegwe zazo: izihloko zazo nezibopo zazo wa zi faka igolide; izisekelo zazo ezi isihlanu za zi itusi.

37 UBezaleli w'enza umpongolo ngomuti wesinqawe: ubude bawo ba bu izingalo ezimbili nenxenye, ububanzi bawo ingalo nenxenye, nokupakama kwawo ingalo nenxenye. 2 Wa wu faka igolide elicwengekileyo ngapakati na ngapandhle, wa w'enzela umbundu wegolide inxa zonke. 3 Wa ncibilikisa igolide lokuwenzela amasongo amane, a sezinyaweni zone zawo; amasongo amabili kolunye uhlangoti lwawo, namasongo amabili kolunye uhlangoti lwawo. 4 W'enza izinti ngomuti wesinqawe, wa zi faka igolide. 5 Wa faka izinti emasongweni a sezinhlangotini zompongolo, ukuba umpongolo u twalwe ngazo. 6 W'enza isihlalo somusa ngegolide elicwengekileyo: ubude baso ba bu izingalo ezimbili nenxenye, ububanzi baso ba bu ingalo nenxenye. 7 W'enza amakerubi amabili ngegolide; wa w'enza ngokukandiweyo, ekugcineni kwesihlalo somusa inxa zombili; 8 elinye ikerubi ekugcineni ngalapa, nelinye ikerubi ekugcineni ngale: w'enza amakerubi ekugcineni kwaso inxa zombili, a ba into inye nesihlalo somusa. 9 Amakerubi elulela amapiko awo ngapezulu, a mboza isihlalo somusa ngamapiko awo, a bhekana ngobuso; ubuso bamakerubi ba bheka isihlalo somusa.

10 W'enza itafula ngomuti wesinqawe: ubude balo ba bu izingalo ezimbili, ububanzi balo ba bu ingalo, ukupakama kwalo ingalo nenxenye. 11 Wa li faka igolide elicwengekileyo, wa l'enzela umbundu wegolide inxa zonke. 12 Wa l'enzela usiko, olwa lingana nesandhla ngobubanzi, inxa zonke; wa lwenzela usiko umbundu wegolide inxa zonke. 13 Wa ncibilikisa igolide wa l'enzela amasongo amane, wa faka amasongo ezinqutshini zone zalo, ezi sezinyaweni zone zalo. 14 Amasongo a e seduze nosiko, izindawo zezinti zokutwala itafula. 15 Wa z'enza izinti ngomuti wesinqawe, wa zi faka igolide, ukuba itafula li twalwe ngazo. 16 Nempahla eya i kona etafuleni, izitsha zalo, nezinkezo zalo, nezinkamba zalo, na ojeke balo bokutulula, wa kw'enza ngegolide elicwengekileyo.

17 Wa lwenza uti lwezibani ngegolide elicwengekileyo: wa lwenza ngokukandiweyo uti lwezibani, nesinqe salo, nesiqu salo; izimbizana zalo, namaqubu alo, nezimbali zalo, konke kwa ku into inye nalo. 18 Kwa ku kona izimbaxa ezi isitupa ezi puma ezinhlangotini zalo; izimbaxa ezintatu zoti lwezibani kolunye uhlangoti lwalo, nezimbaxa ezintatu zoti lwezibani kolunye uhlangoti lwalo: 19 izimbizana ezintatu zi faniswa nezimbali zamayalemondi kwenye imbaxa, iqubu nembali; nezimbizana ezintatu zi faniswa nezimbali zamayalemondi kwenye imbaxa, iqubu nembali: kwa ku njalo kuzo zositupa izimbaxa ezi puma kulo uti lwezibani. 20 Kwa ku kona kulo uti lwezibani izimbizana ezine zi faniswa nezimbali zamayalemondi, amaqubu azo, nezimbali zazo; 21 iqubu pansi kwezimbaxa ezimbili li into inye nalo, nequbu pansi kwezimbaxa ezimbili li into inye nalo, nequbu pansi kwezimbaxa ezimbili li into inye nalo, kuzo izimbaxa zositupa ezi puma kulo. 22 Amaqubu azo, nezimbaxa zazo, kwa ku into inye nalo: kwa ku into inye konke okwalo, okukandiweyo kunye kwegolide elicwengekileyo. 23 W'enza izibani zalo ezi isikombisa, nesizenze salo, nezitsha zalo zensizi, ngegolide elicwengekileyo. 24 Wa lwenza ngetalenta legolide elicwengekileyo, nezimpahla zonke zalo.

25 Wa l'enza nelati lempepo ngomuti wesinqawe, ubude balo ba bu ingalo, ububanzi balo ba bu ingalo, la li nezinhlangoti ezine ezilingeneyo, ukupakama kwalo kwa ku izingalo ezimbili; izimpondo zalo za zi into inye nalo. 26 Wa li faka igolide elicwengekileyo, ngapezulu nezinhla-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Kwenziwa ilati lomnikelo oshiswayo, nocengezi, negceke.

ngoti zalo inxa zonke, nezimpondo zalo: wa l'enzela umbundu wegolide inxa zonke. 27 Wa l'enzela amasongo amabili egolide pansi kwombundu walo, ezinhlangotini zombili zalo, inxa zombili, a be izindawo zezinti zokulitwala. 28 Wa z'enza izinti ngomuti wesinqawe, wa zi faka igolide. 29 W'enza namafuta angcwele okugcoba, nempepo enhle etapukayo, umsebenzi womtaki.

38 Wa l'enza nelati lomnikelo oshiswayo ngomuti wesinqawe: ubude balo ba bu izingalo ezi isihlanu, ububanzi balo ba bu izingalo ezi isihlanu, li lingana izinhlangoti zone; ukupakama kwalo kwa ku izingalo ezintatu. 2 Wa z'enza izimpondo zalo ezinqutshini zone zalo; izimpondo zalo za zi into inye nalo: wa li faka itusi. 3 Wa z'enza izimpahla zonke zelati, amakanzi, namafosholo, nemikele, nezingwegwe zenyama, nemicengezi yomlilo; wa z'enza zonke izimpahla zalo ngetusi. 4 Wa l'enzela ilati amahele etusi enziwe njengeneta ngapansi kwoqimba olulizungezayo ngenzansi a li gamanxa. 5 Wa ncibilikisa itusi, w'enza amasongo amane ezinqubu zone zamahele etusi, a ba izindawo zezinti. 6 Wa z'enza izinti ngomuti wesinqawe, wa zi faka itusi. 7 Wa faka izinti emasongweni, ezinhlangotini zelati, ukuba li twalwe ngazo; wa l'enza ngamapulangwe la ba umholo.

8 Wa lwenza ucengezi lokugeza ngetusi, nesinqe salo ngetusi lezibuko zabesifazana abakonzayo, aba konza emnyango wetente lokuhlangana.

9 Wa l'enza negceke: nga seningizimu, ohlangotini olu bheka nga seningizimu izilengalenga zegceke za ilineni lezintanjana ezicolekileyo, izingalo ezi ikulu; 10 izinsika zawo za zi ngamashumi amabili, nezisekelo zazo za zi ngamashumi amabili zetusi; izingwegwe zezinsika nezibopo zazo za zi isiliva. 11 Na sohlangotini olu nga senyakato, izingalo ezi ikulu, izinsika zawo za zi ngamashumi amabili, nezisekelo zazo za zi ngamashumi amabili zetusi; izingwegwe zezinsika, nezibopo zazo za zi isiliva. 12 Ohlangotini olu nga sentshonalanga izilengalenga za zi izingalo ezi ngamashumi a isihlanu; izinsika zawo za zi ishumi, nezisekelo zazo za zi ishumi; izingwegwe zezinsika nezibopo zazo za zi isiliva. 13 Na nga sempumalanga, ohlangotini olu bheka nga sempumalanga izingalo ezi ngamashumi a isihlanu. 14 Izilengalenga kwelinye icala lesango za zi izingalo ezi ishumi nesihlanu; izinsika zawo za zintatu, nezisekelo zazo za zintatu; 15 na kwelinye icala kwa ba njalo: ngalapa na ngalapa nga sesangweni legceke, izilengalenga za zi izingalo ezi ishumi nesihlanu; izinsika zawo za zintatu, nezisekelo zazo za zintatu. 16 Izilengalenga zonke zegceke inxa zonke za zi ilineni lezintanjana ezicolekileyo. 17 Izisekelo zezinsika za zi itusi; izingwegwe zezinsika, nezibopo zazo za zi isiliva; izihloko zazo za fakwa isiliva; izinsika zonke zegceke za hlanganiswa ngesiliva. 18 Isihonqa sesango legceke sa si umsebenzi womfeketisi ngokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nelineni lezintanjana ezicolekileyo: ubude ba bu izingalo ezi ngamashumi amabili, ukupakama ngobubanzi kwa ku izingalo ezi isihlanu, kwa lingana nezilengalenga zegceke. 19 Izinsika zaso za zine, nezisekelo zazo za zine zetusi; izingwegwe zazo za zi isiliva, izihloko zazo za fakwa isiliva nezibopo zazo za zi isiliva. 20 Izikonkwane zonke zetabanekele nezegceke inxa zonke, za zi itusi.

21 Naku okubaliweyo kwetabanekele, kwetabanekele lesifakazo njengokubalwa kwako ngokwezwi li ka Moses, ku be okwenkonzo yabaLevi, ngesandhla si ka Itamare ka Aron, umpristi. 22 UBezaleli ka Uri, ka Hure, wesizwe sa kwa Juda, wa kwenza konke uJehova a m yala ngako uMoses. 23 Wa e noOholiyabe, ka Ahisamaki, wesizwe sa kwa Dan, umqopi, nengcweti, nomfeketisi ngokuluhlaza, na ngokububende, na ngokubomvu, na ngelineni elicolekileyo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Inani legolide nesiliva netusi.

24 Igolide lonke okwa setshenzwa ngalo umsebenzi wonke wendhlu engcwele, igolide lomnikelo, la ba ngamatalenta a ngamashumi amabili nesishiyangalolunye, namashekeli amakulu a isikombisa namashumi amatatu, ngokweshekeli lendhlu engcwele. **25** Isiliva lababaliweyo benhlangano la ba ngamatalenta a ikulu, namashekeli a inkulungwane namakulu a isikombisa namashumi a isikombisa nesihlanu, ngokweshekeli lendhlu engcwele: **26** kwa ba ilowo wa nikela ibeka, eli inxenye yeshekeli, ngokweshekeli lendhlu engcwele, kubo bonke aba dhlulela kwababaliweyo, aba neminyaka e ngamashumi amabili naba ne ngapezulu, ku bantu aba izinkulungwane ezi ngamakulu a isitupa nezinkulungwane ezintatu namakulu a isihlanu namashumi a isihlanu. **27** Amatalenta a ikulu esiliva a ncibilikiswa ukwenza izisekelo zendawo engcwele, nezisekelo zeveli; izisekelo ezi ikulu ngamatalenta a ikulu, italenta kuso isisekelo. **28** Na ngawo amashekeli a inkulungwane namakulu a isikombisa namashumi a isikombisa nesihlanu w'enza izingwegwe zezinsika, wa faka izihloko zazo wona, wa z'enzela izibopo. **29** Itusi lomnikelo la ba ngamatalenta amashumi a isikombisa, namashekeli a izinkulungwane ezimbili namakulu amane. **30** W'enza ngalo izisekelo zomnyango wetente lokuhlangana, nelati letusi, namahele alo etusi, nezimpahla zonke zelati, **31** nezisekelo zegceke inxa zonke, nezisekelo zesango legceke, nezikonkwane zonke zetabanekele nezikonkwane zonke zegceke inxa zonke.

39 Ngokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, b'enza izingubo ez'enziwe ngokucolekileyo ezi ezokukonza endaweni engcwele, b'enzela uAron izingubo ezingcwele; njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses.

2 W'enza iefodi ngegolide, nokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nelineni lezintanjana ezicolekileyo. **3** Igolide ba li kanda la ba izincwecwe ba li sika izincingwana, ukuba zalukwe zi setshenziswe pakati kwokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nelineni elicolekileyo, umsebenzi wengcweti. **4** Ba l'enzela iziziba zamahlombe ezihlanganisiweyo; ekugcineni kwazo la hlanganiswa inxa zombili. **5** Ibande elalukiweyo lokulibinca, ela li kulo, la li into inye nalo, njengokusetshenzwa kwalo: igolide, nokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nelineni lezintanjana ezicolekileyo; njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses.

Ukwenziwa kweefodi nesibeba.

6 Ba lungisa amatshe amasardoniki e zungezwa izisekelo zegolide, e qoshisiwe okwendandato, njengamagama abantwana ba ka Israeli. **7** Wa wa beka ezizibeni zamahlombe zeefodi, a be amatshe esikumbuzo kwaba kwa Israeli; njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses.

8 W'enza isibeba, umsebenzi wengcweti njengokusetshenzwa kweefodi; ngegolide, nokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nelineni lezintanjana ezicolekileyo. **9** Sa si nezinhlangoti ezine ezilingeneyo; b'enza isibeba si bangqanisiwe: ubude baso ba bu njengokwelulwa kweminwe, nobubanzi baso ba bu njengokwelulwa kweminwe, si bangqanisiwe. **10** Ba faka kuso izinhla ezine zamatshe. Uhla lokuqala lwa ba uhla lwesardio, netopazi, nebareketi; **11** uhla lwesibili lwa lu isimaragido, nesafire, nedayimani; **12** uhla lwesitatu lwa lu ijakinte, neshevu, neamatiste; **13** uhla lwesine lwa lu iberule, isardoniki, nejasipe: a zungezwa ezisekelweni ezizungezayo zegolide. **14** Amatshe a be njengamagama abantwana ba ka Israeli, ishumi nambili, njengamagama abo; njengokuqoshwa kwendandato, ilowo njengegama lake awezizwe ezi ishumi nambili. **15** B'enza kuso isibeba amaketanga a njengezintambo enziwe ngokupota igolide elicwengekileyo. **16** B'enza izisekelo ezimbili zegolide, namasongo amabili egolide, ba faka amasongo omabili ekugcineni kwesibeba inxa zombili. **17** Ba faka amaketanga amabili apotiweyo ego-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izingubo zobupristi. UMoses u hlola umsebenzi owenziweyo.

lide emasongweni omabili ekugcineni kwesibeba inxa zombili. **18** Izihloko ezimbili ezinye zamaketanga omabili apotiweyo ba zi faka ezisekelweni zozibili, ba zi beka ezizibeni zamahlombe zeefodi, ngapambili. **19** B'enza amasongo amabili egolide, ba wa faka ekugcineni kwesibeba inxa zombili, ecaleni laso eli bheka ohlangotini lweefodi ngapakati. **20** B'enza amasongo amabili egolide, ba wa faka ezizibeni zozibili zamahlombe zeefodi pansi, ngapambili, eduze nokuhlangana kwalo, pezu kwebande elalukiweyo leefodi. **21** Ba bopa isibeba ngamasongo aso emasongweni eefodi ngentambo eluhlaza, ukuba si be pezu kwebande elalukiweyo leefodi ukuze isibeba si nga kumuki kulo iefodi; njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses.

22 W'enza ingubo yeefodi ngokwalukiweyo, ngokuluhlaza kodwa nje; **23** imbobo yengubo pakati kwayo ya i njengembobo yebantshi lensimbi, i nompeto oyizungezayo ukuba i nga dabuki. **24** B'enza empetweni wengubo amaharanati ngokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nelineni lezintanjana. **25** B'enza izinsimbi zegolide elicwengekileyo, ba faka izinsimbi emikatini yamaharanati, empetweni wengubo, inxa zonke, emikatini yamaharanati; **26** insimbi neharanati, insimbi neharanati, empetweni wengubo inxa zonke, ukuba ku konzwe ngayo; njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses.

27 Ba b'enzela oAron namadodana ake izingubo ezimbozayo zelineni elicolekileyo elalukiweyo, **28** nomshuqulo welineni elicolekileyo, nezigqoko ezinhle zelineni elicolekileyo, namabulukwe elineni ngelineni lezintanjana ezicolekileyo, **29** nebande lelineni lezintanjana ezicolekileyo, nokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, umsebenzi womfeketisi, njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses.

30 B'enza ucwecwe lomqele ongcwele ngegolide elicwengekileyo, ba bhala kuwo umbhalo, njengokuqoshwa kwendandato, wokuti, UBUNGCWELE KU JEHOVA. **31** Ba bopela kulo intambo eluhlaza, ukuba li fakwe pezulu emshuqulweni; njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses.

32 Kwa qedwake umsebenzi wonke wetabanekele letente lokuhlangana: aba kwa Israeli b'enza njengako konke, uJehova a m yala ngako uMoses; b'enze njalo. **33** Ba leta itabanekele ku Moses, iTente, nempahla yonke yalo, izinkibaniso zalo, namapulangwe alo nemishayo yalo, nezinsika zalo nezisekelo zalo; **34** nesimbozo sezikumba ezibomvu zezinqama, nesimbozo sezikumba zamahlengetwa, neveli lesihonqa; **35** umpongolo wesifakazo, nezinti zawo, nesihlalo somusa; **36** itafula nezimpahla zonke zalo, nesinkwa sokubhekwa; **37** uti oluhle lwezibani, nezibani zalo, izona izibani zokuhlelwa, nezimpahla zonke zalo, namafuta okukanyisa; **38** nelati legolide, namafuta okugcoba, nempepo etapukayo, nesihonqa somnyango weTente; **39** ilati letusi, namahele alo etusi, nezinti zalo, nezimpahla zonke zalo, nocengezi lokugeza nesinqe salo; **40** izilengalenga zegceke, nezinsika zalo, nezisekelo zalo, nesihonqa sesango legceke, nezintambo zalo, nezikonkwane zalo, nempahla yonke yenkonzo yetabanekele, yetente lokuhlangana; **41** izingubo ezenziwe ngokucolekileyo zokukonza endaweni engcwele, nezingubo ezingcwele zi ka Aron umpristi, nezingubo zamadodana ake ukukonza ebupristini. **42** Njengako konke uJehova a m yala ngako uMoses, aba kwa Israeli b'enza kanjalo umsebenzi wonke. **43** UMoses wa bona umsebenzi wonke, bheka, ba be w'enzile; njengokuyala ku ka Jehova, ba be w'enzile kanjalo: uMoses wa ba busisa.

40 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, **2** Ngosuku lokuqala lwenyanga yokuqala wo misa itabanekele letente lokuhlangana. **3** U beke kona umpongolo wesifakazo, u honqele umpongolo ngeveli. **4** U ngenise itafula, u hlele okubekwayo

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukumiswa kwetabanekele. Ifu li mboza itente.

kulo; u ngenise noti lwezibani, wokele izibani zalo. 5 U beke ilati legolide lempepo pambi kwompongolo wesifakazo, u mise isihonqa somnyango wetabanekele. 6 U beke ilati lomnikelo oshiswayo ngapambi kwomnyango wetabanekele letente lokuhlangana. 7 U beke ucengezi lokugeza emkatini wetente lokuhlangana nelati, u tele amanzi kulo. 8 U mise izilengalenga zegceke inxa zonke, u mise isihonqa sesango legceke. 9 U tabate amafuta okugcoba, u gcobe itabanekele, nako konke oku kulo, u ku ngcwelise, nezimpahla zonke zalo: li be ngcwele. 10 U gcobe ilati lomnikelo oshiswayo, nezimpahla zonke zalo, u li ngcwelise ilati: ilati li be ngcwelengcwele. 11 U gcobe ucengezi lokugeza nesinqe salo, u lu ngcwelise. 12 U sondeze uAron namadodana ake emnyango wetente lokuhlangana, u ba geze ngamanzi. 13 U m ambatise uAron izingubo ezingcwele, u m gcobe, u m ngcwelise, ukuba a ngi konze ebupristini. 14 U sondeze amadodana ake, u w'ambatise ngezingubo ezimbozayo; 15 u wa gcobe njengokumgcoba kwako uyise, ukuba ba ngi konze ebupristini: ukugcotshwa kwabo ko ba ubupristi kubo obumiyo njalo ezizukulwaneni zabo. 16 W'enze njalo uMoses: w'enza njengako konke uJehova a m yala ngako.

17 Kwa ti ngenyanga yokuqala, ngomnyaka wesibili, ngosuku lokuqala lwenyanga, itabanekele la miswa. 18 UMoses wa misa itabanekele, wa beka izisekelo zalo, wa misa amapulangwe alo, wa faka imishayo yalo, wa misa izinsika zalo. 19 W'eneka utente pezu kwetabanekele, wa beka isimbozo sotente pezu kwake; njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses. 20 Wa tabata isifakazo, wa si faka empongolweni, wa faka izinti empongolweni, wa beka isihlalo somusa pezu kwompongolo: 21 wa ngenisa umpongolo etabanekeleni, wa misa iveli lesihonqa, wa honqela umpongolo wesifakazo; njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses. 22 Wa beka itafula etenteni lokuhlangana, ohlangotini lwetabanekele olunga senyakato, ngapandhle kweveli. 23 Wa hlela isinkwa kulo, pambi ku ka Jehova; njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses. 24 Wa beka uti lwezibani etenteni lokuhlangana, malungana netafula, ohlangotini lwetabanekele olu nga seningizimu. 25 Wa zokela izibani pambi ku ka Jehova; njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses. 26 Wa beka ilati legolide etenteni lokuhlangana pambi kweveli: 27 wa tunqisa pezu kwalo impepo yamaka atapukayo; njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses. 28 Wa misa isihonqa somnyango wetabanekele. 29 Wa beka ilati lomnikelo oshiswayo nga semnyango wetabanekele letente lokuhlangana, wa nikela pezu kwalo umnikelo oshiswayo, nomnikelo wempupu; njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses. 30 Wa beka ucengezi lokugeza emkatini wetente lokuhlangana nelati, wa tela kulo amanzi okugeza. 31 UMoses noAron namadodana ake ba geza izandhla zabo nezinyawo zabo kulo: 32 nxa be ngena etenteni lokuhlangana, na nxa be sondela elatini, ba geza; njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses. 33 Wa misa izilengalenga zegceke zi zungeza itabanekele nelati, wa misa isihonqa sesango legceke. UMoses wa wu qedake umsebenzi.

34 Ifu la se li mboza itente lokuhlangana, ubukosi bu ka Jehova ba gcwalisa itabanekele. 35 UMoses wa e nge na kungena etenteni lokuhlangana, ngokuba ifu la li hlezi pezu kwalo, ubukosi bu ka Jehova ba gcwalisa itabanekele. 36 Kwa t'uba ifu l'enyuswe etabanekeleni ba se b'esuka ba ya pambili aba kwa Israeli ekuhambeni konke kwabo: 37 kepa nxa ifu li ng'enyuswa a ba sukanga, kwa ku ze ku be usuku lokwenyuswa kwalo. 38 Ngokuba ifu li ka Jehova la li ba pezu kwetabanekele emini, umlilo wa u ba kulo ebusuku, emehlweni ayo yonke indhlu ya kwa Israeli, ekuhambeni konke kwabo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ULEVI

Umteto weminikelo eshiswayo; oweminikelo yempupu.

1 UJehova e setenteni lokuhlangana, wa biza uMoses, wa kuluma naye, wa ti, 2 Kuluma kwaba kwa Israeli, u ti kubo, Nxa umuntu wa kini etula ku Jehova isetulo, a no s'etula isetulo senu si vela emhlambini noma ezinkomeni, noma ezimvwini.

3 Uma isetulo sake si ngumnikelo oshiswayo wa sezinkomeni ka s'etule si induna e nge na sici: ka s'etule nga semnyango wetente lokuhlangana, ukuba amkelwe pambi ku ka Jehova. 4 U ya kubeka isandhla sake enhloko yomnikelo oshiswayo; u ya kwamkelwa ngenxa yake, ukumhlaulela. 5 U ya kuhlaba itole lelo pambi ku ka Jehova: amadodana ka Aron, abapristi, a lete igazi, a fafaze ngalo inxa zonke ilati, eli nga semnyango wetente lokuhlangana. 6 U ya kuhlinza umnikelo oshiswayo, a wu hlahlele izito. 7 Amadodana ka Aron umpristi, a beke umlilo elatini, a hlele izinkuni pezu kwomlilo; 8 amadodana ka Aron, abapristi, a hlele izito nenhloko namanoni, pezu kwezinkuni ezi semlilweni o selatini: 9 kepa ka hlanze ngamanzi umbilini walo, namanqina alo. Umpristi a tunqise ngako konke elatini, ku be umnikelo oshiswayo, umnikelo owenziwa ngomlilo, ulwasi olumnandi ku Jehova.

10 Uma isetulo sake si vela emhlambini, noma ku sezimvwini noma ku sezimbuzini, ukuba si be umnikelo oshiswayo; ka s'etule si induna e nge na sici. 11 A si hlabe nga sohlangotini lwelati olu nga senyakato pambi ku ka Jehova: amadodana ka Aron, abapristi, a fafaze ngegazi laso ilati inxa zonke. 12 A si hlahlele izito, inhloko yaso namanoni aso; umpristi a ku hlele pezu kwezinkuni ezi semlilweni o selatini: 13 kepa ka hlanze umbilini namanqina ngamanzi. Umpristi a ku nikele konke, a tunqise ngako elatini: ku umnikelo oshiswayo, umnikelo o wenziwa ngomlilo, ulwasi olumnandi ku Jehova.

14 Uma isetulo sake ku Jehova si umnikelo oshiswayo o izinyoni, ka s'etule si amahobe noma amapupu amajuba ku be isetulo sake. 15 Umpristi a si lete elatini, a si shumpule ikanda, a tunqise ngaso elatini; li ti igazi laso li kanyelwe ohlangotini lwelati; 16 a suse indhlelo yaso nengila yaso, a ku lahle nga secaleni kwelati, nga sempumalanga, endaweni yomlota: 17 a si dabule ngamapiko aso, a nga s'ahlukanisi. Ko ti umpristi a tunqise ngaso elatini, pezu kwezinkuni ezi semlilweni: ku umnikelo oshiswayo umnikelo owenziwa ngomlilo, ulwasi olumnandi ku Jehova.

2 Nxa umuntu etula isetulo ku Jehova esi umnikelo wempupu, isetulo sake a si be impupu ecolekileyo; a tele amafuta kuso, a beke kuso nenhlaka: 2 a si lete kuwo amadodana ka Aron, abapristi; umpristi a capune kuso ngoweshe, kuyo impupu ecolekileyo yaso, namafuta aso, kanye nenhlaka yonke yaso. Umpristi a tunqise ngako ku be isikumbuzo sawo elatini, umnikelo owenziwa ngomlilo, ulwasi olumnandi ku Jehova: 3 okuseleyo kwomnikelo wempupu ko ba oku ka Aron namadodana ake: ku into engcwelengcwele eminikelweni ka Jehova eyenziwa ngomlilo.

4 Nxa wetula isetulo esi umnikelo wempupu owosiweyo eziko, a si be amaqebelengwana a nge na mvubelo empupu ecolekileyo e xovwe namafuta, mhlaumbe imiqatane e nge na mvubelo i gcotshwe ngamafuta. 5 Uma isetulo sako si umnikelo wempupu owosiweyo ngomqengele, a u be impupu ecolekileyo e nge na mvubelo, i xovwe namafuta. 6 U wu hlepule izingcezu, u tele amafuta kuwo: u ngumnikelo wempupu. 7 Uma ise-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umteto weminikelo yempupu; oweminikelo yokutula.

tulo sako si umnikelo wempupu o pekiwe ngokamba, u ya kwenziwa ngempupu ecolekileyo kanye namafuta. **8** Wo leta ku Jehova umnikelo wempupu owenziwe nga lezi zinto: u ya kwetulwa ku mpristi, a wu sondeze elatini. **9** Umpristi ka tabate isikumbuzo kuwo umnikelo wempupu, a tunqise ngaso elatini, ku umnikelo owenziwa ngomlilo, ulwasi olumnandi ku Jehova. **10** Okuseleyo kwomnikelo wempupu ko ba oku ka Aron namadodana ake: ku into engcwelengcwele eminikelweni ka Jehova eyenziwa ngomlilo.

11 A ku nga biko umnikelo wempupu, eniwunikelayo ku Jehova, owenziwe ngemvubelo; ngoba a ni yi kutunqisa ngemvubelo nezinyosi ku be umnikelo owenziwa ngomlilo ku Jehova. **12** A no kwetula ku Jehova, ku be isetulo sezandulela: kepa a ku ng'enyukeli elatini, ku be ulwasi olumnandi. **13** Izetulo zonke zeminikelo yako yempupu ma u yi yolise ngosaoti; a nga silale usaoti wesivumelwano si ka Nkulunkulu wako, emnikelweni wako wempupu: izetulo zonke zako wo zetula zi nosaoti.

14 Uma u nikela ku Jehova umnikelo wempupu wolibo, wo nikela izikwebu zamabele zosiwe ngomlilo, amabele agquliweyo esikwebu esisha ku be umnikelo wako wempupu. **15** U ya kutela amafuta kuwo u wu fake inhlaka: ku umnikelo wempupu. **16** Umpristi a tunqise ngesikumbuzo sawo, amanye amabele awo agquliweyo, namanye amafuta awo, kanye nayo yonke inhlaka yawo: ku umnikelo owenziwa ngomlilo ku Jehova.

3 Uma isetulo sake si umhlatshelo weminikelo yokutula; uma etula okwa sezinkomeni, noma induna, noma insikazi, ka kwetule pambi ku ka Jehova ku nge na sici. **2** A beke isandhla sake enhloko yesetulo sake, a si hlabe nga semnyango wetente lokuhlangana: amadodana ka Aron, abapristi, a fafaze ngegazi ilati inxa zonke. **3** U ya kwetula okwomhlatshelo weminikelo yokutula, ku be umnikelo owenziwa ngomlilo ku Jehova; amanoni a mbesa umbilini, namanoni onke a kuwo umbilini, **4** nezinso zombili, namanoni a kuzo, a sokalweni, nomhlehlo o pezu kwesibindi, a ku suse kanye nezinso. **5** Amadodana ka Aron a zo tunqisa ngako elatini ngapezu kwomnikelo oshiswayo, o pezu kwezinkuni ezi semlilweni: ku umnikelo owenziwa ngomlilo, ulwasi olumnandi ku Jehova.

6 Uma isetulo sake somhlatshelo weminikelo yokutula ku Jehova si vela ezimvwini, noma induna, noma insikazi, ka s'etule si nge na sici. **7** Uma etula imvana i be isetulo sake, ka y'etule pambi ku ka Jehova; **8** a beke isandhla sake enhloko yesetulo sake a si hlabe pambi kwetente lokuhlangana: amadodana ka Aron a fafaze ngegazi laso ilati inxa zonke. **9** U ya kunikela okwomhlatshelo weminikelo yokutula ku be umnikelo owenziwa ngomlilo ku Jehova; amanoni awo, nomsila ononileyo wonke, a wu nqume eduze nomhlandhla; namanoni a mbesa umbilini, namanoni onke a kuwo umbilini, **10** nezinso zombili, namanoni a kuzo, a sokalweni, nomhlehlo o pezu kwesibindi, a ku suse kanye nezinso. **11** Umpristi ka tunqise ngako elatini: ku ngukudhla kwomnikelo owenziwa ngomlilo ku Jehova.

12 Uma isetulo sake si imbuzi, ka s'etule pambi ku ka Jehova: **13** a beke isandhla sake enhloko yaso, a si hlabe pambi kwetente lokuhlangana; amadodana ka Aron a fafaze ngegazi laso ilati inxa zonke. **14** Ma ka tabate kuso, etule isetulo sake, umnikelo owenziwa ngomlilo ku Jehova; amanoni a mbesa umbilini, namanoni onke a kuwo umbilini, **15** nezinso zombili, namanoni a kuzo, a sokalweni, nomhlehlo o pezu kwesibindi a ku suse kanye nezinso. **16** Umpristi a tunqise ngako elatini: ku ngukudhla kwomnikelo owenziwa ngomlilo, ku be ulwasi olumnandi; amanoni onke a nga ka Jehova. **17** Ko ba isimiso esimiyo ezizukulwaneni zenu emakaya onke enu sokuba ni nga dhli manoni nagazi.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umteto weminikelo yokwona; owenhlangano; owesikulu.

4 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 2 Kuluma kwaba kwa Israeli, u ti, Nxa umuntu ona ngesiposiso na ku kupi kuko konke uJehova akuyalileyo ukuba ku ng'enziwa enze noma yikupi: 3 uma umpristi ogcotshiweyo ona a ze a bangele abantu icala, ka nikele ku Jehova, ngesono sake one ngaso, iduna eli nge na sici, itole lenkomo, li be umnikelo wokwona. 4 A lete iduna lelo emnyango wetente lokuhlangana pambi ku ka Jehova; a beke isandhla sake enhloko yeduna, a li hlabe iduna pambi ku ka Jehova. 5 Umpristi ogcotshiweyo a tabate igazi leduna, a li lete kulo itente lokuhlangana: 6 umpristi a gcoboze umunwe wake egazini, a fafaze ngegazi kakombisa pambi ku ka Jehova pambi kweveli lendhlu engcwele. 7 Umpristi a bece igazi ezimpondweni zelati lempepo etapukayo pambi ku ka Jehova, eli setenteni lokuhlangana; a tele igazi lonke leduna pansi nelati lomnikelo oshiswayo, eli semnyango wetente lokuhlangana. 8 Amanoni onke eduna lomnikelo wokwona a wa suse kulo; amanoni a mbesa umbilini, namanoni onke a kuwo umbilini, 9 nezinso zombili, namanoni a kuzo, a sokalweni, nomhlehlo o pezu kwesibindi, a ku suse kanye nezinso, 10 njengokususwa kwako enkomeni yomhlatshelo weminikelo yokutula: umpristi a tunqise ngako elatini lomnikelo oshiswayo. 11 Isikumba seduna nayo yonke inyama yalo, kanye nenhloko yalo, namanqina alo, nombilini walo, nomswani walo, 12 ngi sho iduna lonke ka li kipele ngapandhle kwekamu, endaweni ehlambululekileyo, lapa ku telwa kona umlota, a li shise pezu kwezinkuni ngomlilo: ma li shiswe lapa ku telwa kona umlota.

13 Uma inhlangano yonke ya kwa Israeli i punduleka, leyo nto i siteke emehlweni ombutano b'enzile noma yikupi kuko konke uJehova akuyalileyo ukuba ku ng'enziwa, ba be necala; 14 nxa isono ab'one ngaso se s'aziwa, umbutano ma u nikele iduna, itole lenkomo, li be umnikelo wokwona, u li lete pambi kwetente lokuhlangana. 15 Amalunga enhlangano a beke izandhla zawo enhloko yeduna pambi ku ka Jehova; iduna li hlatshwe pambi ku ka Jehova. 16 Umpristi ogcotshiweyo u ya kuleta igazi leduna kulo itente lokuhlangana: 17 umpristi a gcoboze umunwe wake egazini, a fafaze ngalo kakombisa pambi ku ka Jehova pambi kweveli. 18 U ya kubeca igazi ezimpondweni zelati, eli pambi ku ka Jehova, eli setenteni lokuhlangana; a tele igazi lonke pansi nelati lomnikelo oshiswayo, eli nga semnyango wetente lokuhlangana. 19 A ti amanoni onke alo a wa suse kulo, a tunqise ngawo elatini. 20 U ya kwenze njalo kulo iduna; njengokwenza kwake eduneni lomnikelo wokwona u ya kwenze njalo ku leli; umpristi a ba hlaulele, ba tetelelwe. 21 U ya kukipela iduna ngapandhle kwekamu, a li shise njengokulishisa kwake iduna lokuqala: ku ngumnikelo wokwona wombutano.

22 Nxa kwona isikulu, s'enza ngesiposiso noma yikupi kuko konke uJehova uNkulunkulu waso akuyalileyo ukuba ku ng'enziwa, si be necala; 23 uma mhlaumbe s'aziswa isono saso es'one ngaso, ma si lete isetulo saso, imbuzi, induna e nge na sici. 24 Si ya kubeka isandhla saso enhloko yembuzi, si yi hlabe lapa ku hlatshwa kona umnikelo oshiswayo pambi ku ka Jehova: ku umnikelo wokwona. 25 Umpristi u ya kutabata ngomunwe wake igazi lomnikelo wokwona, a li bece ezimpondweni zelati lomnikelo oshiswayo: a tele igazi lawo pansi nelati lomnikelo oshiswayo. 26 U ya kutunqisa ngamanoni onke alo elatini njengamanoni omhlatshelo weminikelo yokutula; umpristi a m hlaulele ngesono sake, a tetelelwe.

27 Uma umuntu nje wa kubantu bezwe ona ngesiposiso ngokwenza noma yikupi uJehova akuyalileyo ukuba ku ng'enziwa, a be necala; 28 uma aziswa isono sake one ngaso, ka lete isetulo sake, imbuzi, insikazi e nge na sici, ngesono sake one ngaso., 29 A beke isandhla sake enhloko yomnikelo

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umnikelo wokwona womuntu nje; umnikelo wecala.

wokwona, a hlabe umnikelo wokwona endaweni yomnikelo oshiswayo. **30** Umpristi u ya kutabata igazi lawo ngomunwe, a li bece ezimpondweni 'zelati lomnikelo oshiswayo; a tele igazi lonke lawo pansi nelati. **31** U ya kususa amanoni onke awo, njengaloku amanoni a suswa kuwo umhlatshelo weminikelo yokutula; umpristi a tunqise ngawo elatini, a be ulwasi olumnandi ku Jehova; umpristi a m hlaulele, a tetelelwe.

32 Uma e leta imvana i be isetulo sake somnikelo wokwona, ka lete insikazi e nge na sici. **33** A beke isandhla sake enhloko yomnikelo wokwona, a wu hlabe u be umnikelo wokwona endaweni lapa ku hlatshwa kona umnikelo oshiswayo. **34** Umpristi u ya kutabata igazi lomnikelo wokwona ngomunwe wake, a li bece ezimpondweni zelati lomnikelo oshiswayo; a tele igazi lonke lawo pansi nelati. **35** U ya kususa amanoni onke awo, njengamanoni emvana a suswa kuwo umhlatshelo weminikelo yokutula; umpristi a tunqise ngawo elatini, pezu kweminikelo ka Jehova eyenziwa ngomlilo: umpristi a m hlaulele ngesono sake one ngaso, a tetelelwe.

5 Nxa umuntu ona, e zwile izwi lesifungo, e ngufakazi, noma e bonile, noma azi, uma e nga ku vezi, u se ya kutwala icala lake. **2** Noma umuntu e tinta into engcolileyo, kuko isidumbu sesilwane esingcolileyo, kuko isidumbu senkomo engcolileyo, kuko isidumbu sezinto ezihuquzelayo ezingcolileyo, ku siteke kuye, e ngcolile, u se ya kuba necala. **3** Noma e tinta ukungcola kwomuntu, noma ukungcola kuni, a ngcoliswe yiko umuntu, ku siteke kuye; lapo e se kwazi u ya kuba necala. **4** Noma umuntu e funga, e pahluka ngomlomo wake, eti u ya kwenza okubi kumbe u ya kwenza okuhle, noma ku yini a pahluka ngako umuntu ngesifungo, ku siteke kuye; lapo e se kwazi u ya kuba necala ngenye ya lezo zinto. **5** Ko ti, nxa e necala ngenye ya lezo zinto a vume loko onile ngako: **6** a lete ku Jehova umnikelo wake wecala, ngesono sake one ngaso, insikazi ya sezimvwini, imvana kumbe imbuzi ku be umnikelo wokwona; umpristi a m hlaulele ngesono sake.

7 Uma amandhla ake e nga finyeleli kokokuba a lete icwane, u se ya kuleta ku Jehova umnikelo wake wecala, nga loko onile ngako, amahobe amabili, kumbe amapupu amabili amajuba; elinye li be umnikelo wokwona, elinye li be umnikelo oshiswayo. **8** U ya kuwaleta ku mpristi, o ya kunikela kuqala elomnikelo wokwona, a li shumpule ikanda entanyeni, kepa a nga li dabuli: **9** a fafaze ngegazi lomnikelo wokwona uhlangoti lwelati; elinye igazi li kanyelwe pansi nelati: ku umnikelo wokwona. **10** U ya kwenza elesibili li be umnikelo oshiswayo ngokwesiko; umpristi a m hlaulele ngesono sake one ngaso, a tetelelwe.

11 Kodwa uma amandhla ake e ng'anele amahobe amabili, noma amapupu amabili amajuba, u se ya kuleta isetulo sake nga loko onile ngako, si be okweshumi kweefa lempupu ecolekileyo, ku be umnikelo wokwona: a nga teli amafuta kuwo, a nga beki nenhlaka kuwo; ngokuba ku umnikelo wokwona. **12** U ya kuwuleta ku mpristi, umpristi a capune kuwo ngoweshe, ku be isikumbuzo sawo, a tunqise ngako elatini, pezu kweminikelo ka Jehova eyenziwa ngomlilo: ku umnikelo wokwona. **13** Umpristi u ya kumhlaulela ngesono sake one ngaso kwenye ya lezi zinto, a tetelelwe: okuseleyo a ku be okwompristi, njengomnikelo wempupu.

14 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, **15** Nxa umuntu e pambuka ngento, one ngesiposiso, ezintweni ezingcwele zi ka Jehova; ka lete ku Jehova umnikelo wake wecala, inqama ya sezimvwini e nge na sici, njengokulinganisela kwako ngamashekeli esiliva, ngokweshekeli lendhlu engcwele, i be umnikelo wecala: **16** a koke nga loko one ngako entweni engcwele, engeze okwesihlanu kuko, a ku nike umpristi; umpristi a m hlaulele ngenqama yomnikelo wecala, a tetelelwe.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umnikelo wecala. Umsebenzi wompristi eminikelweni.

17 Uma umuntu ona, enze noma yikupi kuko konke uJehova akuyalileyo ukuba ku ng'enziwa; noma e be ng'azi, u necala, u ya kutwala icala lake. 18 U ya kuleta ku mpristi inqama e nge na sici ya sezimvwini, njengokulinganisela kwako, i be umnikelo wecala; umpristi a m hlaulele ngesiposiso sake a posisa ngaso, e ng'azi, a tetelelwe. 19 Ku umnikelo wecala: u necala impela ku Jehova.

6 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 2 Nxa umuntu ona, a pambuke ku Jehova, a kohlise umakelwane wake ngento ebekiweyo kuye, noma isibambiso, noma into epangiweyo, noma amuka umakelwane wake uto; 3 noma e tola into elahlekileyo, a kohlise ngayo, a funge amanga; noma yikupi kuko konke akwenzayo umuntu, one ngako; 4 ko ti ke, uma onile, a be necala, a buyise into ayipangileyo, noma into ayitolileyo ngokwamuka, noma into e bi bekwe kuye ukuba a yi gcine, noma into elahlekileyo ayitolileyo, 5 noma intoni a fungela amanga ngayo; ka yi koke yona, engeze okwesihlanu kuyo: a m nike lowo oku ngeyake ngosuku a toliswe icala ngalo. 6 U ya kuleta ku Jehova umnikelo wake wecala, inqama ya sezimvwini e nge na sici, njengokulinganisela kwako, i be umnikelo wecala, a yi yise ku mpristi: 7 umpristi a m hlaulele pambi ku ka Jehova; a tetelelwe na ku kupi kuko konke akwenzileyo a b'e necala ngako.

8 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 9 Yala uAron namadodana ake, u ti, Lo u ngumteto womnikelo oshiswayo: umnikelo oshiswayo, ka u hlale eziko elatini ubusuku bonke, ku ze ku se; umlilo welati u hlale kulo u vuta. 10 Umpristi k'ambate ingubo yake yelineni, a fake emzimbeni wake nebulukwe lake lelineni; a wole umlota womlilo o dhle umnikelo oshiswayo elatini, a wu tele nga secaleni kwelati. 11 A kumule izingubo zake, ambate ezinye izingubo, a kipele umlota ngapandhle kwekamu, endaweni ehlambululekileyo. 12 Umlilo o selatini u ya kuhlala u vuta kulo, a u nga cimi; umpristi a base izinkuni kuwo kusasa imihla ngemihla: a hlele kuwo umnikelo oshiswayo, a tunqise kuwo ngamanoni eminikelo yokutula. 13 Umlilo u ya kuhlala u vuta njalo elatini, u nga cimi.

14 Yilo umteto womnikelo wempupu: amadodana ka Aron a ya kuwunikela pambi ku ka Jehova, pambi kwelati. 15 Umpristi u ya kucapuna kuwo ngoweshe, kuyo impupu ecolekileyo yomnikelo wempupu, na kuwo amafuta awo, nayo yonke inhlaka e semnikelweni wempupu, a tunqise ngako elatini, ku be ulwasi olumnandi, isikumbuzo sawo, ku Jehova. 16 Okuseleyo kuwo a ku dhliwe uAron namadodana ake: ku dhliwe endaweni engcwele ku nge na mvubelo, ba ku dhle egcekeni letente lokuhlangana. 17 A ku ng'osiwa ku vutshelwe. Ngi ba nike kona ku be isabelo sabo eminikelweni yami eyenziwa ngomlilo; ku ngcwelengcwele, njengomnikelo wokwona nomnikelo wecala. 18 Abesilisa bonke kwaba ka Aron ba ya kukudhla, ku be isabelo sabo ku ze ku be nini, ezizukulwaneni zenu, kweminikelo ka Jehova eyenziwa ngomlilo: konke okuyitintayo ko ba ngcwele.

19 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 20 Lesi si isetulo si ka Aron namadodana ake, aba ya kusetula ku Jehova msukwana be gcotshwayo: okweshumi kweefa lempupu ecolekileyo, ku be umnikelo wempupu njalonjalo, inxenye yawo kusasa, nenxenye yawo kusihlwa. 21 U ya kwenzelwa emqengeleni ngamafuta; se u swakeme wo wu ngenisa: umnikelo wempupu u wu nikele u izingcezu ezosiweyo u be ulwasi olumnandi ku Jehova. 22 Umpristi, owamadodana ake ogcotshiweyo esikundhleni sake, u ya kuwunikela: ku isimiso ku ze ku be nini, a ku tunqiswe ngawo u pela ku Jehova. 23 Iminikelo yonke yempupu yompristi i ya kushiswa i pela: a i nga dhliwa.

24 UJehova wa kuluma ku Moses,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umsebenzi wompristi eminikelweni. Ukudhliwa kwowokutula.

wa ti, 25 Kuluma ku Aron na ku madodana ake, u ti, Yilo umteto womnikelo wokwona: endaweni lapa ku hlatshelwa kona umnikelo oshiswayo a ku hlatshelwe umnikelo wokwona pambi ku ka Jehova: u ngcwelengcwele. 26 Umpristi owunikelayo ngesono u ya kuwudhla: u ya kudhliwa endaweni engcwele, egcekeni letente lokuhlangana. 27 Konke okutintayo inyama yawo ko ba ngcwele; nxa ku fafazwa ngegazi lawo ingubo, le nto e fafazwe ngalo a i hlanzwe endaweni engcwele. 28 Kepa isitsha sebumba o pekiwe kuso ka si bulawe; uma u pekwa ngesitsha setusi, a si pucuzwe, si hashazwe ngamanzi. 29 Abesilisa bonke ku bapristi ba ya kuwudhla: u ngcwelengcwele. 30 Kepa a ku nga dhliwa umnikelo wokwona, o ke kwa ngeniswa igazi lawo etenteni lokuhlangana ukuba ku hlaulelwe endaweni engcwele: a u shiswe ngomlilo.

7 Yilo umteto womnikelo wecala: u ngcwelengcwele. 2 A ku hlatshwe umnikelo wecala endaweni lapa ku hlatshelwa kona umnikelo oshiswayo; a fafaze ngegazi lawo ilati inxa zonke. 3 U ya kunikela amanoni onke awo: umsila ononileyo, namanoni a mbesa umbilini, 4 nezinso zombili, namanoni a kuzo, a sokalweni, nomhlehlo o pezu kwesibindi, ka ku suse kanye nezinso; 5 umpristi u ya kutunqisa ngako elatini, ku be umnikelo owenziwa ngomlilo ku Jehova: ku umnikelo wecala. 6 Abesilisa bonke ku bapristi ba ya kuwudhla: u ya kudhliwa endaweni engcwele: u ngcwelengcwele. 7 Umnikelo wecala u njengomnikelo wokwona; umteto wayo munye: umpristi o hlaulela ngawo wo ba owake. 8 Umpristi o nikela umnikelo oshiswayo womuntu, so ba esompristi isikumba somnikelo oshiswayo awunikeleyo. 9 Neminikelo yonke yempupu eyosiweyo eziko, nayo yonke eyenzelwa okambeni, na semqengeleni, yo ba eyompristi oyinikelayo. 10 Nayo yonke iminikelo yempumpu e xovwe namafuta, neyomileyo, yo ba eyamadodana onke ka Aron, omunye a be njengomunye.

11 Yilo umteto womhlatshelo weminikelo yokutula e ya kunikelwa ku Jehova. 12 Uma e wu nikela u be owokubonga, u ya kunikela kanye nomhlatshelo wokubonga amaqebelengwana e nge na mvubelo, e xovwe namafuta, nemiqatane e nge na mvubelo e gcotshwe ngamafuta, namaqebelengwana e xovwe namafuta, empupu ecolekileyo i swakamisiwe. 13 Kanye namaqebelengwana esinkwa esivutshelweyo u ya kwetula isetulo sake, nomhlatshelo weminikelo yake yokutula, ku be ukubonga. 14 Kuwo u ya kwetula esinye ezetulweni zonke, si be umnikelo wokupakanyiswa ku Jehova; si be esompristi ofafazayo ngegazi leminikelo yokutula.

15 Inyama yomhlatshelo weminikelo yake yokutula eyokubonga a i dhliwe nga lolo suku etula ngalo; ka nga shiyi luto lwayo ku ze ku se. 16 Kepa uma umhlatshelo wesetulo sake u ngowesitembiso, kumbe ngowesihle, a u dhliwe nga lolo suku a nikela umhlatshelo wake ngalo; na ngangomso okuseleyo kuwo a ku dhliwe: 17 kodwa okuseleyo kwenyama yomhlatshelo ngosuku lwesitatu a ku shiswe ngomlilo. 18 Uma ku dhliwa inyama yomhlatshelo wake weminikelo yokutula ngosuku lwesitatu, a i yi kwamkelwa, ka i yi kubalelwa kuye oyinikelayo: ko ba icilo, umuntu oyidhlayo u ya kutwala icala lake.

19 Inyama e tinta into engcolileyo, a i nga dhliwa; a i shiswe ngomlilo. Kepa le nyama, abahlambululekileyo bonke ba nga yi dhla: 20 kodwa umuntu odhlayo inyama yomhlatshelo weminikelo yokutula, e nge ka Jehova, ku kona kuye ukungcola kwake, lowo muntu u ya kunqunywa kwaba kubo. 21 Na nxa umuntu e tinta into engcolileyo, ukungcola kwomuntu, kumbe isilwane esingcolileyo, noma into enengekayo engcolileyo, a dhle inyama yomhlatshelo weminikelo yokutula, e ngeka Jehova, lowo muntu u ya kunqunywa kwaba kubo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Kwaliwa amafuta negazi. Isabelo sabapristi. Ukugcotshwa kwabo.

22 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 23 Kuluma kwaba kwa Israeli, u ti, Ni nga dhli amanoni enkomo nawemvu, nawembuzi. 24 Amanoni engcuba, namanoni a loko okudweshuliweyo a nga setshenziswa ngemisebenzi yonke; kepa ni nga wa dhli nokuwadhla. 25 Ngokuba lowo odhlayo amanoni enkomo e nikelwa i be umnikelo owenziwa ngomlilo ku Jehova, lowo muntu owadhlayo u ya kunqunywa kwaba kubo. 26 Na lupi uhlobo lwegazi ni nga lu dhli, noma elenyoni noma elenkomo, emakaya onke enu. 27 Odhlayo igazi, lowo muntu u ya kunqunywa kwaba kubo.

28 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 29 Kuluma kwaba kwa Israeli, u ti, O nikela umhlatshelo weminikelo yake yokutula ku Jehova, ka lete ku Jehova isetulo sake si vela emhlatshelweni weminikelo yake yokutula: 30 ka lete ngezake izandhla iminikelo ka Jehova eyenziwa ngomlilo; a lete amanoni kanye nesifuba, ukuba isifuba si zuliswe si be umnikelo wokuzuliswa pambi ku ka Jehova. 31 Umpristi u ya kutunqisa ngamanoni elatini; kepa isifuba so ba esi ka Aron namadodana ake. 32 A no nika umpristi umlenze wokunene, u be umnikelo wokupakanyiswa o vela emihlatshelweni yeminikelo yenu yokutula. 33 Lowo wamadodana ka Aron o nikela igazi leminikelo yokutula, namanoni, ko ba owake umlenze wokunene, u be isabelo sake. 34 Ngokuba isifuba sokuzuliswa, nomlenze wokupakanyiswa ngi ku tabatile kwaba kwa Israeli, emihlatshelweni yeminikelo yabo yokutula, ngi m nikile kona uAron umpristi, namadodana ake ku be ummiselo wabo ku ze ku be nini kwaba kwa Israeli.

35 Loku ku isabelo sokugcotshwa ku ka Aron nesabelo sokugcotshwa kwamadodana ake esi vela eminikelweni ka Jehova eyenziwa ngomlilo, msukwana e ba leta, ukuba ba m konze uJehova ebupristini; 36 akuyalayo uJehova ukuba ba ku nikwe aba kwa Israeli, msukwana e ba gcobayo. Ku ummiselo wabo ku ze ku be nini ezizukulwaneni zabo.

37 Yilo umteto womnikelo oshiswayo, nowomnikelo wempupu, nowomnikelo wokwona, nowomnikelo wecala, nowokwahlukanisela, nowomhlatshelo weminikelo yokutula; 38 uJehova a m yala ngawo uMoses entabeni iSinayi, msukwana e yala aba kwa Israeli, ukuba b'etule izetulo zabo ku Jehova, ehlane la seSinayi.

8 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 2 Tabata uAron, namadodana ake kanye naye, nezingubo, namafuta okugcoba, neduna lomnikelo wokwona, nezinqama ezimbili, neqoma lezinkwa ezi nge na mvubelo; 3 u butele inhlangano yonke emnyango wetente lokuhlangana. 4 W'enza uMoses njengaloko uJehova a m yala ngako; inhlangano ya butana emnyango wetente lokuhlangana. 5 Wa ti uMoses enhlanganweni, Loku ku yiko akuyalileyo uJehova ukuba kwenziwe.

6 UMoses wa s'e leta uAron namadodana ake, wa ba geza ngamanzi. 7 Wa m faka ibantshi, wa m bincisa ibande, wa m ambatisa ingubo yobupristi, wa m faka iefodi, wa m bincisa ibande elalukiweyo leefodi, wa li bopela kuye ngalo. 8 Wa m faka isibeba: esibebeni wa beka iUrim neTumim. 9 Wa m faka umshuqulo ekanda; emshuqulweni ngapambili wa faka ucwecwe lwegolide, umqele ongcwele; njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses.

10 UMoses wa tabata amafuta okugcoba, wa gcoba itabanekele nako konke oku kulo, wa ku ngcwelisa. 11 Wa fafaza ngawo ilati kakombisa, wa gcoba ilati nezimpahla zonke zalo, nocengezi lokugeza nesinqe salo, ukuba a zi ngcwelise. 12 Wa m tela ekanda uAron amafuta okugcoba, wa m gcoba, ukuba a m ngcwelise. 13 UMoses wa leta amadodana ka Aron, wa w'ambatisa izingubo ezimbozayo, wa wa bincisa amabande, wa bopela izigqoko kuwo; njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses.

14 Wa leta iduna lomnikelo wokwona: uAron namadodana ake ba

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukwahlukaniselwa ku ka Aron namadodana ake.

beka izandhla zabo enhloko yeduna lomnikelo wokwona. **15** Wa s'e li hlaba; uMoses wa tabata igazi, wa li beca ezimpondweni zelati inxa zonke ngomunwe wake, wa potula ilati, wa tela igazi pansi nelati, wa li ngcwelisa, ukuba a li hlaulele. **16** Wa e se tabata amanoni onke a kuwo umbilini, nomhlehlo wesibindi, nezinso zombili, namanoni azo; uMoses wa tunqisa ngako elatini. **17** Kepa iduna, nesikumba salo, nenyama yalo, nomswani walo, wa ku shisa ngomlilo ngapandhle kwekamu; njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses.

18 Wa leta inqama yomnikelo oshiswayo: uAron namadodana ake ba beka izandhla zabo enhloko yenqama. **19** Wa e se yi hlaba; uMoses wa fafaza ngegazi ilati inxa zonke. **20** Wa e se yi hlahlela inqama izito; uMoses wa tunqisa ngenhloko, nezito, namanoni. **21** Wa e se hlanza umbilini namanqina ngamanzi; uMoses wa tunqisa ngenqama yonke elatini: ya i ngumnikelo oshiswayo, ku be ulwasi olumnandi: ya i ngumnikelo owenziwa ngomlilo ku Jehova; njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses.

22 Wa leta nenye inqama, inqama yokwahlukanisela: uAron namadodana ake, ba beka izandhla zabo enhloko yenqama. **23** Wa yi hlaba; uMoses wa tabata igazi layo, wa li beca esitinzini sendhlebe yokunene ka Aron, na sesitupeni sesandhla sake sokunene, na ku qukulu wonyawo lwake lokunene. **24** Wa s'e leta amadodana ka Aron; uMoses wa beca igazi esitinzini sendhlebe yabo yokunene, na sesitupeni sesandhla sabo sokunene, na ku qukulu wonyawo lwabo lokunene: uMoses wa fafaza ngegazi ilati inxa zonke. **25** Wa tabata amanoni, nomsila ononileyo, namanoni onke a kuwo umbilini, nomhlehlo wesibindi, nezinso zombili, namanoni azo, nomlenze wokunene: **26** wa kipa eqomeni lezinkwa ezi nge na mvubelo, ela li pambi ku ka Jehova, iqebelengwana la ba linye eli nge na mvubelo, neqebelengwana linye lesinkwa esi namafuta, nomqatane munye, wa ku beka pezu kwamanoni na pezu kwomlenze wokunene: **27** wa beka konke ezandhleni zi ka Aron, na sezandhleni zamadodana ake, wa ku zulisa ku be umnikelo wokuzuliswa pambi ku ka Jehova. **28** UMoses wa ku tabata ezandhleni zabo, wa tunqisa ngako elatini emnikelweni oshiswayo: kwa ku okwokwahlukanisela, ulwasi olumnandi: kwa ku umnikelo owenziwa ngomlilo ku Jehova. **29** UMoses wa tabata isifuba, wa si zulisa, si be umnikelo wokuzuliswa pambi ku ka Jehova: sa si isabelo si ka Moses senqama yokwahlukanisela; njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses.

30 UMoses wa tabata amafuta okugcoba, negazi ela li selatini, wa fafaza ngalo uAron, nezingubo zake, namadodana ake, nezingubo zamadodana ake kanye naye, wa ngcwelisa uAron, nezingubo zake, namadodana ake, nezingubo zamadodana ake kanye naye.

31 Wa ti uMoses ku Aron na kuwo amadodana ake, Pekani inyama nga semnyango wetente lokuhlangana: ni yi dhle kona kanye nesinkwa esi seqomeni lokwahlukanisela, njengokuyala kwami, ngi ti, A ku dhliwe uAron namadodana ake. **32** Okuseleyo kwenyama nokwesinkwa a no ku shisa ngomlilo. **33** Ni nga pumi emnyango wetente lokuhlangana izinsuku ezi isikombisa, ku nga ka peli izinsuku zokwahlukaniselwa kwenu: ngokuba u ya kunahlukanisela izinsuku ezi isikombisa. **34** U yalile uJehova ukuba kwenziwe njengaloku kwenziwe namhla, ukunihlaulela. **35** A no hlalake emnyango wetente lokuhlangana izinsuku ezi isikombisa, imini nobusuku, ni londe isilondolozelo si ka Jehova, ukuba ni nga fi, ngokuba ngi yaliwe kanjalo. **36** B'enzake uAron namadodana ake konke akuyalayo uJehova ngaye uMoses.

9 Kwa ti ngosuku lwesishiyangalombili, uMoses wa biza uAron namadodana ake, namalunga a kwa Isra-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UAron u ya hlabisa. Isono si ka Nadabe noAbihu.

eli; 2 wa ti ku Aron, Tabata inkonyana ya sezinkomeni, i be umnikelo wokwona, nenqama i be umnikelo oshiswayo, zi nge na sici, u zi nikele pambi ku ka Jehova. 3 Kuluma kwaba kwa Israeli, u ti, Tabatani impongo, i be umnikelo wokwona; nenkonyana, nemvana, ku be nomnyaka munye kokubili, ku nge na sici, ku be umnikelo oshiswayo; 4 nenkomo, nenqama, ku be iminikelo yokutula, ukuba ku hlatshwe pambi ku ka Jehova; nomnikelo wempupu u xovwe namafuta: ngokuba namhla uJehova u za kubonakala kini. 5 Ba se be leta loko akuyalileyo uMoses pambi kwetente lokuhlangana: inhlangano yonke ya sondela, y'ema pambi ku ka Jehova. 6 UMoses wa ti, Loku ku yiko akuyalileyo uJehova ukuba ni kwenze: yikona ubucwazicwazi bu ka Jehova bu ya kubonakala kini. 7 Wa s'e ti uMoses ku Aron, Sondela elatini, u nikele umnikelo wako wokwona, nomnikelo wako oshiswayo, u zihlaulele wena nabantu; wetule isetulo sabantu, u ba hlaulele; njengokuyala ku ka Jehova.

8 Wa sondela uAron elatini, wa hlaba inkonyana yomnikelo wokwona o ngowake. 9 Amadodana ka Aron a s'e leta igazi kuye; wa gcoboza umunwe wake egazini, wa li beca ezimpondweni zelati, wa tela igazi pansi nelati: 10 kepa amanoni, nezinso, nomhlehlo wesibindi womnikelo wokwona, wa tunqisa ngako elatini; njengaloko u Jehova a m yala ngako uMoses. 11 Inyama, nesikumba, wa ku shisa ngomlilo ngapandhle kwekamu.

12 Wa hlaba umnikelo oshiswayo; a s'e m nika igazi amadodana ka Aron, wa fafaza ngalo ilati inxa zonke. 13 A m nika umnikelo oshiswayo, isito ngesito, nenhloko: wa tunqisa ngako elatini. 14 Wa hlanza umbilini, namanqina, wa tunqisa ngako pezu kwomnikelo oshiswayo elatini.

15 W'etula isetulo sabantu, wa tabata impongo yomnikelo wokwona, ongowabantu, wa yi hlaba wa yi nikela i be umnikelo wokwona, njengowokuqala. 16 Wa s'e leta umnikelo oshiswayo, wa wu nikela ngokwesiko. 17 Wa e se leta umnikelo wempupu, wa gcwalisa isandhla ngawo, wa tunqisa ngako elatini, ngapandhle kwomnikelo oshiswayo wa kusasa.

18 Wa hlaba futi inkomo nenqama, umhlatshelo weminikelo yokutula, o ngowabantu: amadodana ka Aron a m nika igazi, wa fafaza ngalo ilati inxa zonke, 19 namanoni enkomo nawenqama, nomsila ononileyo, na lawo a mbesa umbilini, nezinso, nomhlehlo wesibindi: 20 ba beka amanoni pezu kwezifuba, wa tunqisa ngawo amanoni elatini: 21 izifuba nomlenze wokunene uAron wa ku zulisa, ku be umnikelo wokuzuliswa pambi ku ka Jehova, njengokuyala ku ka Moses.

22 UAron wa pakamisela izandhla zake ku bantu, wa ba busisa; wa e s'ehla ekunikeleni umnikelo wokwona, nomnikelo oshiswayo, neminikelo yokutula. 23 Ba se be ngena etenteni lokuhlangana oMoses noAron, ba buya ba puma, ba busisa abantu: kwa se ku bonakala ubucwazicwazi bu ka Jehova ku bantu bonke. 24 Kwa puma umlilo u vela pambi ku ka Jehova, wa dhla umnikelo oshiswayo namanoni elatini: ba ti ukubona abantu bonke, b'enanela, ba ti mbo ngobuso pansi.

10 Kepa uNadabe noAbihu, amadodana ka Aron ba tabata ilowo isitsha sake sempepo, ba faka umlilo kuzo, ba beka impepo kuwo, ba nikela pambi ku ka Jehova umlilo o nga fanele, a nga ba yalelanga wona. 2 Kwa se ku puma umlilo pambi ku ka Jehova, wa ba dhla, ba fa pambi ku ka Jehova. 3 UMoses wa s'e ti ku Aron, Loku ku yiko akushoyo uJehova, e ti, Ngi ya kungcweliswa yibo aba sondela kimi, ngi ya kudunyiswa pambi kwabantu bonke. UAron wa tula nje. 4 UMoses wa biza uMishayeli, noElzafan, amadodana ka Uziyeli, uyisekazi ka Aron, wa ti kubo, Sondelani ni suse abafo wenu pambi kwendhlu engcwele, ni ba ki-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izimiso zabapristi. Okudhliwayo nokungadhliwayo.

pele ngapandhle kwekamu. 5 Ba sondelake, ba ba susa ngezingubo zabo ezimbozayo, ba ba kipela ngapandhle kwekamu, njengokusho ku ka Moses. 6 Wa ti uMoses ku Aron, na ku Elazare, na ku Itamare, amadodana ake, Musan'ukutukulula izinwele zamakanda enu, ni nga hxebuli izingubo zenu; ukuba ni nga fi, a nga tukuteleli inhlangano yonke: kepa abafo wenu, indhlu yonke ya kwa Israeli, a ba lilele ukushisa akubasileyo uJehova. 7 Ni ze ni nga pumi emnyango wetente lokuhlangana, funa ni fe; ngokuba ku kona kini amafuta okugcoba ka Jehova. B'enza njengezwi li ka Moses.

8 UJehova wa kuluma ku Aron, wa ti, 9 U nga puzi iwayini, nopuzo olu namandhla, wena, namadodana ako kanye nawe, nxa ni ngena etenteni lokuhlangana, ukuba ni nga fi: a ku be isimiso ku ze ku be nini ezizukulwaneni zenu: 10 ukuze kwahluke okungcwele noku nge ngcwele, okungcolileyo nokuhlambululekileyo; 11 ukuba ni fundise aba kwa Israeli izimiso zonke azikulumileyo uJehova kubo ngaye uMoses.

12 UMoses wa kuluma ku Aron, na ku Elazare na ku Itamare, amadodana ake aseleyo, wa ti, Tabatani umnikelo wempupu oseleyo eminikelweni ka Jehova eyenziwa ngomlilo, ni wu dhle, u nge namvubelo, nga secaleni kwelati; ngokuba ku ngcwelengcwele; 13 a no wu dhla endaweni engcwele, ngokuba u ummiselo wako, nommiselo wamadodana ako, eminikelweni ka Jehova eyenziwa ngomlilo: ngokuba ngi yaliwe kanjalo. 14 Isifuba sokuzuliswa nomlenze wokupakanyiswa a no ku dhla endaweni ehlambululekileyo, wena, namadodana ako, namadodakazi ako kanye nawe: ngokuba ni ku nikiwe ku be ummiselo wako, nommiselo wamadodana ako, emihlatshelweni yeminikelo yokutula yaba kwa Israeli. 15 Umlenze wokupakanyiswa, nesifuba sokuzuliswa, kanye neminikelo eyenziwa ngomlilo yamanoni, ba ya kukuleta ukuba ku zuliswe ku be umnikelo wokuzuliswa pambi ku ka Jehova: ko ba okwako, nokwamadodana ako kanye nawe, ku be ummiselo ku ze ku be nini njengokuyala ku ka Jehova.

16 UMoses wa funisisa imbuzi yomnikelo wokwona, naku se i shisiwe: wa ba tukutelela oElazare noItamare, amadodana ka Aron, aseleyo, wa ti, 17 A ni dhlanga ngani umnikelo wokwona endaweni yendhlu engcwele, loku u ngcwelengcwele, u ni pile wona ukuba ni twale icala lenhlangano, ni yi hlaulele pambi ku ka Jehova? 18 Bhekani, igazi lawo a li ngeniswanga pakati endhlini engcwele: nga ni wu dhlile nokuwudhla endhlini engcwele, njengokuyala kwami. 19 UAron wa s'e kuluma ku Moses, e ti, Bheka, namhla ba nikele umnikelo wabo wokwona, nomnikelo wabo oshiswayo, pambi ku ka Jehova; ng'ehlelwe yiloku okunje: uma be ngi dhlile umnikelo wokwona namhla, be ku ya kuba kuhle emehlweni ka Jehova na? 20 UMoses w'ezwa, kwa ba kuhle emehlweni ake.

11 UJehova wa kuluma ku Moses na ku Aron, wa ti kubo, 2 Kulumani kwaba kwa Israeli, ni ti, Yiloku okuzwayo eningakudhlayo kuzo zonke izilwane ezi semhlabeni. 3 Zonke ez'ahlukanisa inselo, ezi dabula inselo kabili, ezetshisayo kuzo izilwane, lezi ni nga zi dhla. 4 Kepa ni nga zi dhli lezi kwezetshisayo, na kwez'ahlukanisa inselo: ikamelo, noma l'etshisa, a l'ahlukanisi inselo, li ngcolile kinina. 5 Nembila, noma y'etshisa, a y'ahlukanisi inselo; i ngcolile kinina. 6 Nonogwaja, noma etshisa, k'ahlukanisi inselo; u ngcolile kinina. 7 Nengulube, noma y'ahlukanisa inselo, i dabula inselo kabili, a y'etshisi; i ngcolile kinina. 8 Ni nga yi dhli inyama yayo, ni nga pati izidumbu zazo; zi ngcolile kinina.

9 Yilezi eni nga zi dhla kuzo zonke ezi semanzini: zonke ezi namapiko nezingqweqwe, ezi semanzini, ezi solwandhle, nezi semifuleni, lezi ni nga zi dhla. 10 Kepa zonke ezi nge namapiko nezingqweqwe, ezi solwa-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Okungcolileyo nokuhlambululekileyo.

ndhle, nezi semifuleni, kuzo zonke ezi petuza emanzini, na kuko konke okuzwayo oku semanzini, zi icilo kini; 11 zo ba icilo kinina; ni nga dhli inyama yazo; ni ya kwenyanya izidumbu zazo. 12 Konke oku nge namapiko nezingqweqwe, oku semanzini, ku icilo kinina.

13 Na lezi ni ya kuzenyanya ezinyonini; a zi yi kudhliwa, zi icilo: ukozi, nenqe, nengqungqulu, 14 nomvumvuyana, noheshe, ngezinhlobo zake; 15 namagwababa onke ngezinhlobo zawo, 16 nentshe, nozavolo, nenkanku, nonhloyile ngezinhlobo zake, 17 nesikovana, nompishamanzi, nesikova esikulu, 18 nomabengwana, newonde, nensingisi, 19 nonogolantete, nonozalazingwenya, ngezinhlobo zake, noziningweni, nelulwane.

20 Konke okuhuquzelayo oku namapiko, oku hamba ngezinyawo ezine ku icilo kinina. 21 Noko ni nga ku dhla loku kuko konke okuhuquzelayo oku namapiko, okuhambayo ngezinyawo ezine, oku namanqina ngapezu kwezinyawo oku xuma ngawo emhlabeni; 22 yiloku eni nga ku dhla kuko: isikonyane ngezinhlobo zaso, namaboni ngezinhlobo zawo, namadiye ngezinhlobo zawo, namaqwagi ngezinhlobo zawo. 23 Kepa konke okunye okuhuquzelayo, ku nezinyawo ezine, ku icilo kini.

24 Yiloku eni ya kungcoliswa yiko: bonke aba tinta izidumbu zako bo ba ba ngcolile ku ze ku hlwe; 25 nabo bonke aba twala uto lwezidumbu zako ma ba hlanze izingubo zabo, ba be ba ngcolile ku ze ku hlwe. 26 Izilwane zonke ez'ahlukanisa inselo, zi nga yi dabuli kabili, zi ng'etshisi, zi ngcolile kini: bonke abazitintayo bo ba ba ngcolile. 27 Nazo zonke ezi hamba ngezinzwani, kuzo zonke izilwane ezi hamba ngezinyawo ezine, lezi zi ngcolile kini: bonke aba tinta izidumbu zazo, ba ya kuba ba ngcolile ku ze ku hlwe. 28 No twala izidumbu zazo ka hlanze izingubo zake, a be u ngcolile ku ze ku hlwe: zi ngcolile kini.

29 Yilezi ezi ya kuba zi ngcolile kini kuzo zonke ezihuquzelayo ezi huquzela pansi: ucakide, nempuku, noxamu ngezinhlobo zake, 30 nesigcilisha, nesiquzi, nentulo, nesibankwa, nonwabu. 31 Yilezi ezi ngcolile kini kuzo zonke ezihuquzelayo: bonke abazitintayo, se zi file, bo ba ba ngcolile ku ze ku hlwe. 32 Konke ezi wa pezu kwako, se zi file, ko ba ku ngcolile; noma ku impahla yomuti, noma eyengubo, noma eyesikumba, noma eyesaka, noma impahlani oku setshenzwa ngayo, a ku fakwe emanzini, ko ba ku ngcolile ku ze ku hlwe; kona ku ya kuhlambululeka. 33 Nezitsha zonke zebumba, ezi wa kuzo, konke oku kuzo ko ba ku ngcolile, ni zi bulaleke zona. 34 Ukudhla konke oku kuzo okudhliwayo, a fika kuko amanzi, ko ba ku ngcolile; nako konke okupuzwayo oku ku lezi zitsha ko ba ku ngcolile. 35 Nako konke ezi wa kuko izidumbu zazo, ko ba ku ngcolile; noma iziko, noma ikanzi, a ku bidhlizwe; ku ngcolile, ko ba ku ngcolile kini. 36 Kanti noko umtombo, nomgodi lapa e qoqeke kona amanzi, wo ba u hlambululekile: kodwa okutintayo izidumbu zako, ko ba ku ngcolile. 37 Nxa izidumbu zako zi wa kuyo imbeu yokuhlwanyelwa, e za kuhlwanyelwa, i hlambululekile. 38 Kepa uma ku telwa amanzi embewini, izidumbu zako zi we kuyo, i ngcolile kini.

39 Nxa ku fa isilwane enisidhlayo, ositintayo isidumbu saso, wo ba u ngcolile ku ze ku hlwe. 40 Nodhlayo isidumbu saso, wo hlanza izingubo zake, a be u ngcolile ku ze ku hlwe: no twala isidumbu saso wo hlanza izingubo zake, a be u ngcolile ku ze ku hlwe.

41 Konke okuhuquzelayo oku huquzela emhlabeni ku icilo; a ku nga dhliwa. 42 Konke oku hamba ngesisu, nako konke oku hamba ngezinyawo ezine, nako konke oku nezinyawo eziningi, kona konke okuhuquzelayo, oku huquzela emhlabeni, ni nga ku dhli; ngokuba ku icilo. 43 Ni nga zenzi ni-nengeke na ngakupi

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

okuhuquzelayo, ni nga zingcolisi ngako, ni ze ni be abangcolileyo ngako. 44 Ngokuba ngi nguJehova, uNkulunkulu wenu: ngakoke zingcweliseni, ni be ngcwele; ngokuba ngi ngcwele: ni nga zingcolisi na ngakupi okuhuquzelayo oku hamba emhlabeni. 45 Ngokuba ngi nguJehova onenyusileyo ezweni la sEgipite, ukuba ngi be uNkulunkulu wenu: ngakoke a ni be ngcwele, ngokuba ngi ngcwele.

46 Yilo umteto wezilwane, nowezinyoni, nowako konke okuzwayo okuhambayo emanzini, nowezidalwa zonke ezihuquzelayo emhlabeni; 47 ukuba kwahluke ezingcolileyo nezihlambululekileyo, okuzwayo okudhliwayo nokuzwayo okungadhliwayo.

12 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 2 Kuluma kwaba kwa Israeli, u ti, Nxa owesifazana e kulelwa a zale umfana, wo ba u ngcolile izinsuku ezi isikombisa; njengezinsuku zokwahlukaniswa ifindo lake wo hlala e ngcolile. 3 Ngosuku lwesishiyangalombili umfana ka sokwe inyama yejwabu. 4 A be se hlala e segazini lokuhlambululeka izinsuku ezi ngamashumi amatatu nantatu; a nga tinti luto olungcwele, a nga ngeni endhlini engcwele, ku nga ka peleli izinsuku zokuhlambululeka kwake. 5 Kodwa uma e zala intombazana, wo ba u ngcolile amasonto amabili, njenga sekwahlukanisweni kwake; a hlale e segazini lokuhlambululeka kwake izinsuku ezi ngamashumi a isitupa nesitupa.

6 Ko ti se zi pelele izinsuku zokuhlambululeka kwake ngomfana, noma ngentombazana, a lete imvana e nomnyaka munye, i be umnikelo oshiswayo, nepupu lejuba, noma ihobe, li be umnikelo wokwona, a ku lete emnyango wetente lokuhlangana, ku mpristi: 7 yena a ku nikele pambi ku ka Jehova, a m hlaulele; a be se hlambululeka emtonjeni wegazi lake. Lo u ngumteto wa lowo ozalayo, noma e zala umfana, noma intombazana. 8 Uma amandhla ake e ng'anele icwane, ma ka tate amahobe amabili, noma amapupu amabili amajuba; elinye li be umnikelo oshiswayo nelinye li be umnikelo wokwona: umpristi a m hlaulele, a hlambululeke.

13 UJehova wa kuluma ku Moses na ku Aron, wa ti, 2 Nxa ku mila esikumbeni senyama yomuntu intutumba, noma ukoko, noma ibala elikanyayo, ku be isifo socoko esikumbeni senyama yake, ka letwe ku Aron, umpristi, noma kwenye yamadodana ake, abapristi: 3 umpristi a buke isifo esi sesikumbeni senyama: nxa uboya obu sesifweni bu pendukile ba ba mhlope, na nxa isifo si bonakala si shonile kunesikumba senyama yake, ku isifo socoko; umpristi ka m buke, a ti u ngcolile. 4 Kepa uma ibala elikanyayo li mhlope esikumbeni senyama yake, li nga bonakali li shone kunesikumba, uboya balo bu nga pendukile ba ba mhlope, ko ti umpristi a m valele o nesifo izinsuku ezi isikombisa: 5 umpristi u ya kubuya a m buke ngosuku lwesikombisa: ko ti, uma ngokubona kwake isifo si mi, uma isifo si ng'andi esikumbeni, umpristi a buye a m valele ezinye izinsuku ezi isikombisa: 6 a buye umpristi a m buke ngosuku lwesikombisa; uma isifo si fipele, isifo si ng'andi esikumbeni, u se ya kusho umpristi a ti u hlambululekile: si ukoko: ka hlanze izingubo zake, a hlambululeke. 7 Kepa uma ukoko lwanda nokwanda esikumbeni e se zibonakalisile ku mpristi ukuba a hlanjululwe, ka buye a zibonakalise ku mpristi futi: 8 umpristi a buke; uma ukoko lwanda esikumbeni, u se ya kusho umpristi a ti u ngcolile: ku ucoko.

9 Nxa isifo socoko si ku muntu, ka yiswe ku mpristi; 10 ka buke umpristi; uma i kona intutumba emhlope esikumbeni, i pendule uboya ba ba mhlope, na nxa ku kona inyama evutiweyo entutumbeni, 11 lu ucoko oludala esikumbeni senyama yake, umpristi u se ya kusho a ti u ngcolile: a nga m valeli; ngokuba u ngcolile. 12 Uma ucoko lu qamuka kwenye indawo esikumbeni, ucoko lu qeda isikumba sonke sake o

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukuhlolwa kwocoko.

nesifo, ku qala ekanda ku ze ku fike ezinyaweni, njengokubona konke kwompristi; **13** ko ti umpristi a buke; uma ucoko lu qedile inyama yonke yake u se ya kusho a ti, u hlambululekile o nesifo: ku pendukile kwa ba mhlope nya: u hlambululekile. **14** Kepa msukwana ku bonakala kuye inyama evutiweyo wo ba u ngcolile. **15** Umpristi a buke inyama evutiweyo a ti, u ngcolile: inyama evutiweyo i ngcolile: ku ucoko. **16** Umake inyama evutiweyo i buya, i penduke i be mhlope, a k'eze ku mpristi; **17** umpristi a m buke; uma isifo si pendukile sa ba mhlope, u se ya kusho umpristi a ti u hlambululekile, o naso isifo: u hlambululekile.

18 Nxa inyama i netumba esikumbeni sayo, li polile, **19** ku ti endaweni yetumba ku be kona intutumba emhlope, noma ibala elikanyayo eli mhlope li bomvana, se ku ya kuboniswa umpristi; **20** umpristi a buke, ku ti uma li bonakala li shonile kunesikumba, uboya balo bu pendukile ba ba mhlope, u se ya kusho umpristi a ti, u ngcolile: ku isifo socoko, si qamukile etumbeni. **21** Kepa uma umpristi e li buka, nako, ku ngeko boya obumhlope kulo, li nga shonile kunesikumba, kepa li fipele; ko ti umpristi a m valele izinsuku ezi isikombisa: **22** uma l'anda nokwanda esikumbeni, u se ya kusho umpristi a ti, u ngcolile: ku isifo. **23** Kodwa uma ibala elikanyayo li mi endaweni yalo, li ng'andi, li ubavu lwetumba; umpristi ma ka sho a ti u hlambululekile.

24 Na nxa ku kona esikumbeni senyama ishanda, uma inyama evutiweyo yeshanda i penduke ibala elikanyayo elimhlope li bomvana, noma li mhlope; **25** ko ti umpristi a li buke; uma uboya obu sebaleni elikanyayo bu pendukile ba ba mhlope, li bonakala li shonile kunesikumba; ku ucoko, lu qamukile eshandeni: umpristi ma ka sho ukuti u ngcolile: ku isifo socoko. **26** Kepa uma umpristi e li buka, nako, ku ngeko boya obumhlope ebaleni elikanyayo, li nga shoni kunesikumba, kepa li fipele; ko ti umpristi a m valele izinsuku ezi isikombisa: **27** umpristi a m buke ngosuku lwesikombisa: uma kwandile nokwanda esikumbeni, u se ya kusho umpristi a ti, u ngcolile: ku isifo socoko. **28** Kepa uma ibala elikanyayo li mi endaweni yalo, li ng'andi esikumbeni, kepa li fipele; ku intutumba yeshanda, umpristi ma ka sho ukuti u hlambululekile: ngokuba ku ubavu lweshanda.

29 Nxa indoda, noma owesifazana e nesifo ekanda, noma yisesilevwini, **30** ko ti umpristi a buke isifo; uma si bonakala si shonile kunesikumba, si nezinwele ezincane ezimpofu, u se ya kusho umpristi a ti, u ngcolile: ku umuna, ucoko lwekanda, noma olwesilevu. **31** Uma umpristi e buka isifo somuna, ku ti si bonakale, si nga shonile kunesikumba, ku ngeko zinwele ezimnyama kuso, ko ti umpristi a m valele izinsuku ezi isikombisa o nesifo somuna: **32** ngosuku lwesikombisa umpristi a buke isifo; ko ti uma umuna u ng'andi, ku ngeko zinwele ezimpofu kuwo, umuna u bonakale u nga shonile kunesikumba, **33** u se ya kupuculwa, kepa ma ka nga puculi umuna; umpristi a buye a m valele o nomuna ezinye izinsuku ezi isikombisa: **34** ngosuku lwesikombisa umpristi a buke umuna; ko ti, uma umuna u ng'andi esikumbeni, u bonakala u nga shonile kunesikumba; u se ya kusho umpristi a ti, u hlambululekile: ka hlanze izingubo zake, a hlambululeke. **35** Kepa uma umuna wanda nokwanda esikumbeni emva kwokuhlanjululwa kwake, **36** ko ti umpristi a m buke; uma umuna wandile esikumbeni, umpristi a nga funi izinwele ezimpofu; u ngcolile. **37** Kepa uma ngokubona kwake umuna u se mi, ku milile kuwo izinwele ezimnyama, umuna u polile, u hlambululekile: umpristi ma ka sho ukuti u hlambululekile.

38 Nxa indoda, noma owesifazana e namabala akanyayo esikumbeni senyama yake, amabala amhlope akanyayo; **39** ko ti umpristi a buke;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukuhlolwa kwocoko.

uma amabala akanyayo esikumbeni senyama yabo e mhlotshana, e lutuquzana, ku ubutembuzane obuqamukayo esikumbeni; u hlambululekile.

40 Nxa izinwele zomuntu zi sukile ekanda u impandhla; noko u hlambululekile. **41** Uma izinwele zi sukile ekanda lake nga sebusweni, u impandhla ebunzini; noko u hlambululekile. **42** Kodwa uma ku kona ebumpandhleni bekanda, noma ebumpandhleni bebunzi, isifo esimhlope si bomvana; ku ucoko oluqamukayo ebumpandhleni bekanda lake, noma ebumpandhleni bebunzi lake. **43** Ko ti umpristi a m buke; uma intutumba yesifo i mhlope i bomvana ebumpandhleni bekanda lake, noma ebumpandhleni bebunzi lake, njengokubonakala kocoko esikumbeni senyama; **44** u ngumuntu o nocoko, u ngcolile; umpristi ma ka sho nokusho ukuti u ngcolile; isifo sake si sekanda lake.

45 O nocoko, esi kuye isifo, izingubo zake a zi hxetshulwe, izinwele zekanda lake zi tukululwe, a mboze amadevu a memeze a ti, Ngi ngcolile, ngi ngcolile. **46** Izinsuku zonke zokuhlala kwesifo kuye wo ba u ngcolile; u ngcolile: u yo hlala yedwa; indawo yokuhlala kwake ma i be ngapandhle kwekamu.

47 Nengubo esi kuyo isifo socoko, noma ingubo yoboya bezimvu, noma ingubo yelineni; **48** noma si sezintanjeni ezivundhlayo, noma kwezinqamulayo ezalukiweyo; noma ezelineni, noma ezoboya bezimvu; noma si sesikumbeni, noma si sentweni eyenziweyo ngesikumba; **49** uma isifo si luhlazana, noma si bomvana engutsheni, noma esikumbeni, noma ezintanjeni ezivundhlayo, noma kwezinqamulayo ezalukiweyo; noma entweni yesikumba; si isifo socoko, so boniswa umpristi. **50** Umpristi a ka buke isifo, a yi valele into e nesifo izinsuku ezi isikombisa: **51** a si buke isifo ngosuku lwesikombisa: uma isifo s'andile engutsheni, noma ezintanjeni ezivundhlayo, noma kwezinqamulayo ezalukiweyo, noma esikumbeni, nakuba isikumba si setshenziswa ngomsebenzi muni; isifo si ucoko olubi; ku ngcolile. **52** Ma ka yi shise ingubo, noma izintambo ezivundhlayo, noma ezinqamulayo ezalukiweyo, noma ezoboya bezimvu, noma ezelineni, noma into yesikumba esi kuyo isifo: ngokuba si ucoko olubi; a ku shiswe ngomlilo.

53 Uma umpristi e buka, isifo si ng'andile engutsheni, noma ezintanjeni ezivundhlayo, noma kwezinqamulayo ezalukiweyo, noma entweni yesikumba; **54** ko ti umpristi a yale ukuba i hlanzwe into esi kuyo isifo, a yi valele ezinye izinsuku ezi isikombisa: **55** umpristi ma ka buke, se si hlanziwe isifo; uma isifo si nga pendukile umbala waso, isifo si ng'andile, i ngcolile; wo yi shisa ngomlilo: ku isifaca: noma i qotukile ngapakati, noma ngapandhle.

56 Uma umpristi e buka, kanti isifo si fipele se si hlanziwe, u ya kuti a si hlutule engutsheni, noma esikumbeni, noma ezintanjeni ezivundhlayo, noma kwezinqamulayo ezalukiweyo: **57** uma si dhlula si bonakale engutsheni, noma ezintanjeni ezivundhlayo, noma kwezinqamulayo ezalukiweyo, noma entweni yesikumba, si ya qamuka; wo shisa ngomlilo loko esi kuko isifo. **58** Ingubo, noma izintambo ezivundhlayo, noma ezinqamulayo ezalukiweyo, noma intoni yesikumba o ya kuyihlanza, uma isifo si mukile kuko, ku ya kuhlanzwa ngokwesibili ku hlambululeke.

59 Yilo umteto wesifo socoko engutsheni yoboya bezimvu, noma eyelineni, noma si sezintanjeni ezivundhlayo, noma kwezinqamulayo ezalukiweyo, noma entweni yesikumba, wokuba ku shiwo ukuti ku hlambululekile, noma ku shiwo ukuti ku ngcolile.

14 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, **2** Lo u ya kuba umteto wo nocoko ngosuku lokuhlanjululwa kwake: ma ka letwe ku mpristi: **3** umpristi ma ka pume ekamu; umpristi a buke; ko ti, uma

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Iminikelo ngokuhlanjululwa kwo nocoko.

isifo socoko si polile kuye o nocoko, 4 umpristi a yale ukuba a tatelwe yena o za kuhlanjululwa izinyoni ezimbili ezizwayo, ezihlambululekileyo, nomuti womsedare, nendwangu e bomvu, nehisope: 5 umpristi ma ka yale ukuba enye inyoni i bulawe esitsheni sebumba pezu kwamanzi agobhozayo. 6 Inyoni ezwayo, u ya kuyitabata, kanye nomuti womsedare, nendwangu e bomvu, nehisope, a ku gcoboze kanye nenyoni ezwayo egazini lenyoni e bulawelwe pezu kwamanzi agobhozayo: 7 a m fafaze kakombisa yena o za kuhlanjululwa kulo ucoko, a sho a ti u hlambululekile, a yeke inyoni ezwayo i zihambele endhle. 8 O za kuhlanjululwa ka hlanze izingubo zake, a pucule zonke izinwele zake, a geze ngamanzi; u se ya kuhlambululeka: andubake eze ekamu, kodwa a hlale ngapandhle kwetente lake izinsuku ezi isikombisa. 9 Ko ti ngosuku lwesikombisa a pucule zonke izinwele zekanda lake, nesilevu sake, namashiyi ake, a pucule zonke izinwele zake: a hlanze izingubo zake, a geze umzimba wake ngamanzi, u se ya kuhlambululeka.

10 Ngosuku lwesishiyangalombili u ya kutabata izimvana ezimbili zezinduna, ezi nge na sici, nexukazana linye eli nomnyaka munye eli nge na sici, nokweshumi okutatu kweefa lempupu ecolekileyo, i be umnikelo wempupu, i xovwe namafuta, nelogi lamafuta. 11 Umpristi o za kumhlambulula ka m mise umuntu o za kuhlanjululwa, na lezo zinto, pambi ku ka Jehova, emnyango wetente lokuhlangana. 12 Umpristi ma ka tabate enye imvana yenduna, a yi nikele, i be umnikelo wecala, kanye nelogi lamafuta, a ku zulise ku be umnikelo wokuzuliswa pambi ku ka Jehova: 13 u ya kuhlaba imvana yenduna endaweni lapa ku hlatshwa kona umnikelo wokwona, nomnikelo oshiswayo, endaweni yendhlu engcwele; ngokuba umnikelo wecala u ngowompristi njengomnikelo wokwona: u ngcwelengcwele. 14 Umpristi u ya kutabata igazi kuwo umnikelo wecala, umpristi a li bece esitinzini sendhlebe yokunene yake o za kuhlanjululwa, na sesitupeni sesandhla sake sokunene, na ku qukulu wonyawo lwake lokunene. 15 Umpristi u ya kutabata amafuta kulo ilogi lamafuta, a wa tele entendeni yesandhla sake sokohlo; 16 umpristi a gcoboze umunwe wake wokunene emafuteni a sesandhleni sokohlo, a fafaze ngamafuta pambi ku ka Jehova kakombisa ngomunwe wake. 17 Amanye amafuta aseleyo esandhleni sake, umpristi u ya kuwatata, a wa bece esitinzini sendhlebe yokunene yake o za kuhlanjululwa, na sesitupeni sesandhla sake sokunene, na ku qukulu wonyawo lwake lokunene, pezu kwegazi lomnikelo wecala: 18 amafuta aseleyo esandhleni sompristi a wa fake ekanda lake o za kuhlanjululwa: umpristi a m hlaulele pambi ku ka Jehova. 19 Umpristi u ya kunikela umnikelo wokwona, a m hlaulele yena o za kuhlanjululwa ngenxa yokungcola kwake: andubake a hlabe umnikelo oshiswayo; 20 umpristi a nikele umnikelo oshiswayo nomnikelo wempupu elatini: a m hlaulele umpristi, a hlambululeke.

21 Kepa uma e mpofu, e nge na kufinyelela ku loko, ka tabate imvana inye yenduna, i be umnikelo wecala, wokuzuliswa, a hlaulelwe, nokweshumi kweefa lempupu ecolekileyo, ku xovwe namafuta, ku be umnikelo wempupu, nelogi lamafuta; 22 namahobe amabili, mhlaumbe amapupu amabili amajuba, njengaloko a nga finyelela kuko; elinye li be umnikelo wokwona, nelinye li be umnikelo oshiswayo. 23 Ngosuku lwesishiyangalombili u ya kuwaleta ku mpristi emnyango wetente lokuhlangana, pambi ku ka Jehova, a be okwokuhlanjululwa kwake: 24 umpristi a tabate imvana yomnikelo wecala, nelogi lamafuta, umpristi a ku zulise, ku be umnikelo wokuzuliswa pambi ku ka Jehova. 25 U ya kuhlaba imvana yomnikelo wecala; umpristi a tabate igazi kulo elomnikelo wecala, a li bece

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukuhlanjululwa kwezindhlu ezi nocoko.

esitinzini sendhlebe yokunene yake o za kuhlanjululwa, na sesitupeni sesandhla sake sokunene, na ku qukulu wonyawo lwake lokunene. **26** Umpristi a tele amafuta entendeni yesandhla sake sokohlo; **27** umpristi a fafaze ngamafuta a sesandhleni sake sokohlo kakombisa pambi ku ka Jehova ngomunwe wokunene: **28** umpristi a tate amafuta ku lawo a sesandhleni sake, a wa bece esitinzini sendhlebe yokunene yake o za kuhlanjululwa, na sesitupeni sesandhla sake sokunene, na ku qukulu wonyawo lwake lokunene, endaweni yegazi lomnikelo wecala: **29** namafuta aseleyo esandhleni sompristi ka wa fake ekanda lake o za kuhlanjululwa, a m hlaulele pambi ku ka Jehova. **30** U ya kunikela elinye lamahobe, mhlaumbe elamapupu amajuba, njengaloko a nga finyelela kuko; **31** e, njengaloko a nga finyelela kuko, elinye li be umnikelo wokwona, elinye li be umnikelo oshiswayo, kanye nomnikelo wempupu: umpristi a m hlaulele yena o za kuhlanjululwa pambi ku ka Jehova. **32** Lo u ngumteto wake o nesifo socoko, o nge na kufinyelela ku loko oku qondene nokuhlanjululwa kwake.

33 UJehova wa kuluma ku Moses na ku Aron, wa ti, **34** Ko ti nxa se ni fikile ezweni la kwa Kanan, engi ni nika lona li be elenu; uma ngi tela isifo socoko endhlini e sezweni lenu; **35** ma k'eze umninindhlu, a tshele umpristi a ti, Ngi bona kungati ku kona isifo endhlini. **36** Umpristi ka yale ukuba ku kishwe impahla endhlini, umpristi e nga ka ngeni ukubona isifo, ukuba konke oku sendhlini ku nga ngcoli: andubake ku ngene umpristi, a bone indhlu: **37** a buke isifo; ko ti, uma isifo si sezindongeni zendhlu, si nemishwe eluhlazana, noma ebomvana, i bonakala i shonile kunodonga; **38** umpristi a pume endhlini, a ye emnyango wendhlu, a yi vale indhlu izinsuku ezi isikombisa: **39** umpristi a buye eze ngosuku lwesikombisa, a buke; ko ti, uma isifo s'andile ezindongeni zendhlu; **40** umpristi a yale ukuba ku kishwe amatshe isifo esi kuwo, a lahlwe ngapandhle kwomuzi, endaweni engcolileyo: **41** u ya kwenza ukuba ku palwe indhlu pakati inxa zonke, udaka olupaliweyo lu telwe ngapandhle kwomuzi, endaweni engcolileyo: **42** ku tatshatwe amanye amatshe, a bekwe endaweni ya lawo matshe; a tabate olunye udaka, a nameke indhlu.

43 Uma isifo si buya, si qamuke endhlini, emva kwokukishwa kwamatshe, na ngemva kwokupalwa kwendhlu, na ngemva kwokunamekwa kwayo; **44** umpristi u ya kungena, a buke; uma isifo s'andile endhlini, si ucoko olubi endhlini: i ngcolile. **45** U ya kubidhliza indhlu, amatshe ayo, nezinti zayo, nodaka lonke lwendhlu; ku kishwe emzini ku lahlwe endaweni engcolileyo. **46** Futi ongenayo endhlini ngezinsuku zonke zokuvalwa kwayo wo ba u ngcolile ku ze ku hlwe. **47** No lala endhlini ka hlanze izingubo zake, nodhlayo endhlini, ka hlanze izingubo zake.

48 Uma umpristi e ngena, a buke, isifo si ng'andile endhlini, emva kwokunamekwa kwendhlu; u se ya kusho umpristi a ti, indhlu i hlambululekile, ngokuba isifo si polile. **49** U ya kutabata izinyoni ezimbili, nomuti womsedare, nendwangu e bomvu, nehisope, ukuba a hlambulule indhlu: **50** a bulale enye inyoni esitsheni sebumba pezu kwamanzi agobhozayo; **51** a tabate umuti womsedare, nehisope, nendwangu e bomvu, nenyoni ezwayo, a ku gcoboze egazini lenyoni ebuleweyo, na semanzini agobhozayo, a fafaze indhlu kakombisa: **52** a hlambulule indhlu ngegazi lenyoni, na ngamanzi agobhozayo, na ngenyoni ezwayo, na ngomuti womsedare, na ngehisope, na ngendwangu e bomvu: **53** kepa u ya kuyeka inyoni ezwayo, i pume emzini, i zihambele endhle: a hlauleleke indhlu: yo hlambululeka.

54 Yilo umteto wezifo zonke zocoko, nowomuna, **55** nowocoko lwengubo, nolwendhlu, **56** nowentutumba, nowokoko, nowebala elikanya-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izinto ezingcolisayo.

yo; 57 ukuba ba fundiswe lapo ku ngcolile, na lapo ku hlambululekile: lo u ngumteto wocoko.

15 UJehova wa kuluma ku Moses na ku Aron, wa ti, 2 Kulumani kwaba kwa Israeli, ni ti kubo, Nxa ku kona umuntu noma ubani ocucuzayo emzimbeni wake, u ngcolile ngenxa yokucucuza kwake. 3 Loku ko ba ukungcola kwake ngokucucuza kwake: noma umzimba wake u vuza ngokucucuza, noma umzimba wake u vimbeka ekucucuzeni kwake, ku ukungcola kwake. 4 Amacansi onke, a lala kuwo yena, ocucuzayo, a ya kuba a ngcolile; nezinto zonke, a hlala kuzo, zi ya kuba zi ngcolile. 5 Nobani o tinta icansi lake, wo hlanza izingubo zake, a geze ngamanzi, a be u ngcolile ku ze ku hlwe. 6 No hlala entweni a be hlezi kuyo ocucuzayo, wo hlanza izingubo zake, a geze ngamanzi, a be u ngcolile ku ze ku hlwe. 7 No tinta umzimba wake ocucuzayo wo hlanza izingubo zake, a geze ngamanzi, a be u ngcolile ku ze ku hlwe. 8 Uma ocucuzayo e m fela ngamate ohlambululekileyo, wo hlanza izingubo zake, a geze ngamanzi, a be u ngcolile ku ze ku hlwe. 9 Izihlalo zonke, a kwela kuzo ocucuzayo, zo ba zi ngcolile. 10 O tinta into e bi pansi kwake wo ba u ngcolile ku ze ku hlwe: no twala lezo zinto wo hlanza izingubo zake, a geze ngamanzi, a be u ngcolile ku ze ku hlwe. 11 Uma ocucuzayo e tinta noma ubani, e nga hashazanga izandhla zake ngamanzi, wo hlanza izingubo zake, a geze ngamanzi, a be u ngcolile ku ze ku hlwe. 12 Isitsha sebumba, esi tintwa uye ocucuzayo, so bulawa; nezitsha zonke zomuti zo hashazwa ngamanzi.

13 Nxa ocucuzayo e hlanjululwa kuko ukucucuza kwake, ka zibalele izinsuku ezi isikombisa zokuhlanjululwa kwake, a hlanze izingubo zake; a geze umzimba wake ngamanzi agobhozayo, u se ya kuhlambululeka. 14 Ngosuku lwesishiyangalombili a tabate amahobe amabili, noma amapupu amabili amajuba eze pambi ku ka Jehova emnyango wetente lokuhlangana, a wa nike umpristi: 15 umpristi a wa nikele, elinye li be umnikelo wokwona, elinye li be umnikelo oshiswayo, umpristi a m hlaulele pambi ku ka Jehova ngenxa yokucucuza kwake.

16 Nxa umuntu e shaywa izibuko, wo geza umzimba wonke wake ngamanzi, a be u ngcolile ku ze ku hlwe. 17 Izingubo zonke, nezikumba zonke oku kuzo izibuko lake, zo hlanzwa ngamanzi, zi be zi ngcolile ku ze ku hlwe. 18 Nowesifazana e lale naye indoda ya m lala, ma ba geze ngamanzi bobabili, ba be ba ngcolile ku ze ku hlwe.

19 Uma owesifazana e netombe itombe eli semzimbeni wake li igazi, wo hlala ekwahlukanisweni kwake izinsuku ezi isikombisa: nobani omtintayo wo ba u ngcolile ku ze ku hlwe. 20 Izinto zonke a lala kuzo ekwahlukanisweni kwake, zo ba zi ngcolile: nezinto zonke a hlala kuzo zo ba zi ngcolile. 21 Nobani o tinta icansi lake wo hlanza izingubo zake, a geze ngamanzi, a be u ngcolile ku ze ku hlwe. 22 Nobani o tinta into a hlala kuyo wo hlanza izingubo zake, a geze ngamanzi, a be u ngcolile ku ze ku hlwe. 23 Uma ku secansini, noma ku sentweni a hlala kuyo, nxa ku tintwa umuntu wo ba u ngcolile ku ze ku hlwe. 24 Uma indoda i lala naye, ukungcola kwake ku be kuyo, yo ba i ngcolile izinsuku ezi isikombisa; amacansi onke e lala kuwo, a yo ba a ngcolile.

25 Uma ku kona itombe legazi kowesifazana izinsuku eziningi, ku nge siso isikati sokwahlukaniswa kwake, na nxa itombe li dhlula isikati sokwahlukaniswa kwake; zonke izinsuku zetombe lokungcola kwake wo ba njenga sezinsukwini zokwahlukaniswa kwake: u ngcolile. 26 Amacansi onke a lala kuwo izinsuku zonke zetombe lake o ba kuye njengecansi lokwahlukaniswa kwake: izinto zonke a lala kuzo zo ba zi ngcolile, njengokungcola kwokwahlukaniswa kwake. 27 Nobani o tinta lezo zinto

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Usuku lokuhlaulela.

wo ba u ngcolile, ka hlanze izingubo zake, a geze ngamanzi, a be u ngcolile ku ze ku hlwe. **28** Kepa uma e hlambululekile etombeni lake, ka zibalele izinsuku ezi isikombisa, andubake a hlambululeke. **29** Ngosuku lwesishiyangalombili ka tabate amahobe amabili, noma amapupu amabili amajuba, a wa lete ku mpristi, emnyango wetente lokuhlangana. **30** Umpristi u ya kunikela elinye li be umnikelo wokwona, nelinye li be umnikelo oshiswayo; umpristi a m hlaulele pambi ku ka Jehova ngetombe lokungcola kwake.

31 Ni ya kwahlukanisa kanjalo aba kwa Israeli nokungcola kwabo, ukuba ba nga fi ekungcoleni kwabo, uma be ngcolisa itabanekele lami eli pakati kwabo.

32 Lo u ngumteto wake ocucuzayo, no shaywa izibuko, a ze a ngcoliswe ngako; **33** nowake o ngcolile ekwahlukanisweni kwake, nowake ocucuzayo no netombe, owesilisa nowesifazana, nowake o lala naye ongcolileyo.

16 UJehova wa kuluma ku Moses, emva kwokufa kwamadodana amabili ka Aron, ekusondeleni kwawo pambi ku ka Jehova, a fa; **2** wa ti uJehova ku Moses, Kuluma ku Aron umfo wenu, ukuba a nga ngeni ngezikati zonke endaweni engcwele, ngapakati kwalo iveli, pambi kwesihlalo somusa esi pezu kwompongolo; ukuba a nga fi: ngokuba ngo bonakala efwini, pezu kwesihlalo somusa. **3** UAron ka ngene endaweni engcwele e na loku: iduna li be umnikelo wokwona, nenqama i be umnikelo oshiswayo. **4** U ya kwambata ingubo embozayo e yingcwele yelineni, ibulukwe lelineni li be semzimbeni wake, a bince ibande lelineni, a shuqule umshuqulo welineni: lezi zi izingubo ezingcwele; ma ka geze umzimba wake ngamanzi, a z'ambate. **5** U ya kutabata enhlanganweni yaba kwa Israeli izimpongo ezimbili, zi be umnikelo wokwona, nenqama i benye i be umnikelo oshiswayo.

6 UAron u ya kunikela iduna lomnikelo wokwona o ngowake, a zihlaulele yena nendhlu yake. **7** U ya kutabata izimbuzi ezimbili lezo, a zi beke pambi ku ka Jehova emnyango wetente lokuhlangana. **8** UAron u ya kwenza inkato kuzo izimbuzi ezimbili; enye inkato i be e ka Jehova, enye i be e ka Azazeli. **9** UAron u ya kuleta imbuzi e dhliwe inkato ka Jehova, a yi nikele i be umnikelo wokwona. **10** Kepa imbuzi e dhliwe inkato ka Azazeli ma i bekwe pambi ku ka Jehova i s'ezwa, ukuba ku hlaulwe ngayo, i mukiswe i ye ehlane i be e ka Azazeli.

11 UAron u ya kuleta iduna lomnikelo wokwona o ngowake, a zihlaulele yena nendhlu yake, a hlabe iduna lomnikelo wokwona o ngowake. **12** U ya kutabata isitsha sempepo esi gcwele amalahle omlilo a selatini pambi ku ka Jehova, nezandhla zake zi gcwele impepo etapukayo i colisiwe, a ku lete ngapakati kweveli: **13** a beke impepo emlilweni pambi ku ka Jehova, ukuba ifu lempepo l'embese isihlalo somusa, esi pezu kwesifakazo, ukuba a nga fi: **14** a tabate igazi leduna, a fafaze ngalo ngomunwe wake isihlalo somusa nga sempumalanga; na ngapambi kwesihlalo somusa a fafaze ngegazi kakombisa ngomunwe wake.

15 A be se hlaba imbuzi yomnikelo wokwona o ngowabantu, a lete igazi layo ngapakati kweveli, enze ngegazi layo njengaloku a kwenze ngegazi leduna, a fafaze ngalo isihlalo somusa, na ngapambi kwesihlalo somusa: **16** a hlaulele indawo engcwele, ngenxa yokungcola kwaba kwa Israeli na ngenxa yezipambuko zabo yebo izono zabo zonke: a k'enzele njalo itente lokuhlangana, eli hlezi nabo pakati kwokungcola kwabo. **17** A ku nga biko muntu etenteni lokuhlangana, lapo e ngena ukuhlaulela endaweni engcwele, a ze a pume, e se zihlaulele yena nendhlu yake, nombutano wonke wa kwa Israeli. **18** U ya kupuma a ye elatini eli pambi ku ka Jehova a li hlaulele, a tabate kulo igazi leduna, na kulo igazi lembuzi a li bece ezimpondweni zelati inxa zonke.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Usuku lokuhlaulela.

19 U ya kufafaza ngegazi ngomunwe wake kakombisa, a li hlambulule, a li ngcwelise ekungcoleni kwaba kwa Israeli.

20 Ko ti lapa e se qedile ukuhlaulela indawo engcwele netente lokuhlangana, nelati, a nikele ngembuzi ezwayo: 21 uAron u ya kubeka izandhla zake zozibili enhloko yembuzi ezwayo, a vume pezu kwayo ububi bonke baba kwa Israeli, nezipambuko zonke zabo, yebo izono zonke zabo; a zi beke enhloko yembuzi, a yi mukise ngomuntu omiselweyo, i ye ehlane: 22 imbuzi i ya kutwala ububi bonke babo, i ye nabo kwahlongasibi; a yi yeke imbuzi i zihambele ehlane.

23 UAron u ya kungena etenteni lokuhlangana, a kumule izingubo zake zelineni azambatayo ekungeneni kwake endaweni engcwele, a zi shiye kona: 24 a geze umzimba wake ngamanzi endaweni engcwele, ambate izingubo zake, a pume, a nikele umnikelo wake oshiswayo, nomnikelo wabantu oshiswayo, a zihlaulele yena nabantu. 25 A tunqise elatini ngamanoni omnikelo wokwona. 26 Yena oyekayo imbuzi i be e ka Azazeli, ka hlanze izingubo zake, a geze umzimba wake ngamanzi, anduba a ngene ekamu. 27 Iduna lomnikelo wokwona, nembuzi yomnikelo wokwona, igazi lazo ela ngeniswa ukuba ku hlaulelwe endaweni engcwele, ma zi kishelwe ngapandhle kwekamu; ku shiswe ngomlilo izikumba zazo, nenyama yazo, nomswani wazo. 28 Ozishisayo ka hlanze izingubo zake, a geze umzimba wake ngamanzi, andubake a ngene ekamu.

29 Ku ya kuba isimiso kini ku ze ku be nini: sokuti ngenyanga yesikombisa, ngosuku lweshumi lwenyanga, no tobisa imipefumulo yenu, ni nga sebenzi umsebenzi, noma owokuzalwa womquba, noma owezizwe ote gozololo pakati kwenu: 30 ngokuba nga lolu suku ni ya kuhlaulelwa, ukuba ni hlambululeke; ni ya kuhlambululeka ezonweni zonke zenu pambi ku ka Jehova. 31 Ku isabata

Umteto wokuhlaba.

kini lokupumula okuzotileyo, a no tobisa imipefumulo yenu; ku isimiso ku ze ku be nini. 32 Umpristi, o ya kugcotshwa, ahlukaniselwe a be umpristi endaweni ka yise, ma ka hlaulele, ambate izingubo zelineni, izingubo ezingcwele: 33 a hlaulele indhlu engcwele; a hlaulele itente lokuhlangana, nelati; a hlaulele abapristi, nabantu bonke bombutano. 34 Loku ko ba isimiso kini esi mi njalo, ukuba ku hlaulelwe aba kwa Israeli ngezono zonke zabo, kanye ngomnyaka. W'enzake njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses.

17 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 2 Kuluma ku Aron na kuwo amadodana ake na kubo bonke aba kwa Israeli, u ti kubo: Loku ku yiko akuyalileyo uJehova, ukuti, 3 Umuntu wendhlu ka Israeli o suka a hlabe inkomo, noma imvana, noma imbuzi, ekamu, noma e yi hlaba ngapandhle kwekamu, 4 e nga yi leti emnyango wetente lokuhlangana, ukuba a yetule i be isetulo ku Jehova pambi kwetabanekele li ka Jehova: lowo muntu wo balelwa igazi; u palazile igazi; lowo muntu u ya kunqunywa kwaba kubo: 5 ukuze aba kwa Israeli ba lete imihlatshelo yabo, abayihlabayo endhle, ba yi lete ku Jehova emnyango wetente lokuhlangana, ku mpristi, ba yi hlabe, i be imihlatshelo yeminikelo yokutula ku Jehova. 6 Umpristi u ya kufafaza ngegazi ilati li ka Jehova eli semnyango wetente lokuhlangana, a tunqise ngamanoni, a be ulwasi olumnandi ku Jehova. 7 A ba sa yi kubuya, ba hlabele izimpongo imihlatshelo yabo, aba feba nazo ngokuzilandela. Loku ko ba isimiso ku ze ku be nini kubo ezizukulwaneni zabo.

8 U ya kushoke kubo ukuti, Nakuba ubani wendhlu ka Israeli, noma owezizwe ote gozololo kubo, o suka a nikele umnikelo oshiswayo, noma umhlatshelo, 9 e nga wu leti emnyango wetente lokuhlangana, ukuba a m hlabele wona uJehova; lowo muntu u ya kunqunywa kwaba kubo.

10 Nakuba ubani wendhlu ka Isra-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

eli, noma owezizwe ote gozololo pakati kwabo, o suka a dhle igazi noma yilipi, ngi ya kubhekisa ubuso bami nga ku lowo muntu odhlayo igazi, ngi m nqume kwaba kubo. 11 Ngokuba umpefumulo wenyama u segazini; ngi ni nikile lona elatini ukuba ku hlaulelwe imipefumulo yenu: ngokuba ku igazi eli hlaulela ngompefumulo. 12 Ngako ngi te kwaba kwa Israeli, A ku nga biko muntu kini odhlayo igazi, nowezizwe ote gozololo pakati kwenu a nga dhli igazi. 13 Nobani o wa kwa Israeli, noma owezizwe ote gozololo pakati kwabo, o zingela inyamazane, noma inyoni edhliwayo; ka cite igazi layo, a li sibekele ngotuli.

14 Ngokuba li umpefumulo wenyama yonke; igazi layo li umpefumulo wayo; ngako ngi te kwaba kwa Israeli, Ni nga dhli igazi lenyama noma yipi; ngokuba umpefumulo wenyama yonke u igazi layo; olidhlayo u ya kunqunywa. 15 Wonke umuntu odhlayo ingcuba, noma into edweshuliweyo izilo, noma e ngowokuzalwa womquba, noma owezizwe, ka hlanze izingubo zake, a geze ngamanzi a be u ngcolile ku ze ku hlwe: andubake a hlambululeke. 16 Kepa uma e nga zi hlanzi, e nga gezi, wo twala icala lake.

18 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 2 Kuluma kwaba kwa Israeli, u ti kubo, Ngi nguJehova uNkulunkulu wenu. 3 Ni ng'enzisi okwemisebenzi yezwe la sEgipite, ena hlala kulo: ni ng'enzisi okwemisebenzi yezwe la kwa Kanan, engi ni yisa kulo; ni nga hambi ngezimiso zabo. 4 No wenza amasiko ami, ni gcine izimiso zami, ni hambe ngazo: ngi nguJehova uNkulunkulu wenu. 5 Ngako a no gcina izimiso zami namasiko ami; uma umuntu e wenza wo pila ngawo; ngi nguJehova.

6 A ku nga sondeli muntu ko inyama yake ukwambula ubunqunu bake: ngi nguJehova. 7 U ng'ambuli ubunqunu bu ka yihlo okokuti ubunqunu bu ka nyoko: u ngunyoko; u ng'ambuli ubunqunu bake. 8 U ng'ambuli ubunqunu bomka yihlo; ku ubunqunu bu ka yihlo. 9 U ng'ambuli ubunqunu bu ka dade wenu, indodakazi ka yihlo, noma indodakazi ka nyoko, noma e zelwe kini, noma e zelwe kwelinye; u ng'ambuli ubunqunu babo. 10 Ubunqunu bendodakazi yendodana yako, nobendodakazi yendodakazi yako, u ng'ambuli ubunqunu bawo: ngokuba obawo bu ubunqunu bako. 11 Ubunqunu bendodakazi yomka yihlo, e zelwe uyihlo, i ngudade wenu, u ng'ambuli ubunqunu bayo. 12 U ng'ambuli ubunqunu bu ka dade wabo ka yihlo: u nyamanye noyihlo. 13 U ng'ambuli ubunqunu bu ka dade wabo ka nyoko: ngokuba u nyamanye nonyoko. 14 U ng'ambuli ubunqunu bomfo wabo ka yihlo, u nga sondeli ku mkake: u ngunyokokazi. 15 U ng'ambuli ubunqunu bu ka malokazana wako: u ngumka ndodana yako; u ng'ambuli ubunqunu bake. 16 U ng'ambuli ubunqunu bomka mfo wenu: ku ubunqunu bomfo wenu. 17 U ng'ambuli ubunqunu bowesifazana nendodakazi yake; u nga tabati indodakazi yendodana yake, nendodakazi yendodakazi yake, ukwambula ubunqunu bayo; ngokuba be inyamanye; ku amanyala. 18 U nga tabati udade wabo womkako ukwambula ubunqunu bake, a be umkako kanye naye, e se kona yena, a bange naye.

19 U nga sondeli kowesifazana ukwambula ubunqunu bake e se sekwahlukanisweni kwokungcola kwake. 20 U nga lali nomfazi womakelwane wako ukuzingcolisa ngaye. 21 U nga nikeli inzalo yako i dabule umlilo ku Moleki; u nga dumazi igama li ka Nkulunkulu wako: ngi nguJehova. 22 U nga lali nowesilisa njengokulalwa kowesifazana: ku icilo. 23 U nga lali nesilwane ukuzingcolisa ngaso; nowesifazana ka ng'emi pambi kwesilwane ukuba a lale naso: ku icilo.

24 Ni nga zingcolisi nga lezi zinto: ngokuba izizwe engi zi xosha pambi kwenu, zi ngcolile ngazo zonke lezi zinto; 25 izwe li ngcolile: ngako ng'ehlisa ububi balo pezu kwalo,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Imiteto etile.

izwe li ya palaza abantu balo. 26 Ngako gcinani izimiso zami namasiko ami, ni ng'enzi lawa macilo; noma owokuzalwa womquba, noma owezizwe ote gozololo kini 27 ngokuba onke lawa macilo ba w'enzile abantu ba leli zwe, aba be kona pambi kwenu, izwe li ngcolile); 28 ukuba izwe li nga ni palazi nani, nxa ni li ngcolisa, njengaloku la palaza isizwe esa si kona pambili kwenu. 29 Ngokuba lowo owenzayo lawa macilo, abantu abawenzayo ba ya kunqunywa kwaba kubo. 30 Ngako londani isilondolozelo sami, ukuba ni ng'enzi le mikuba e icilo, ey'enziwa ni nga ka fiki, ni nga zingcolisi ngayo: ngi nguJehova uNkulunkulu wenu.

19 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 2 Kuluma nenhlangano yonke yaba kwa Israeli, u ti kubo, A ni be ngcwele; ngokuba ngi ngcwele mina Jehova uNkulunkulu wenu. 3 Yesabani ku be ilowo unina, noyise; ni gcine amasabata ami: ngi nguJehova uNkulunkulu wenu. 4 Ni nga pendukeli kuzo izitombe, ni nga z'enzeli onkulunkulu ababunjiweyo: ngi nguJehova uNkulunkulu wenu.

5 Nxa ni nikela umhlatshelo weminikelo yokutula ku Jehova, a no wu nikela ukuba n'amkelwe. 6 Wo dhliwa nga lolo suku eni wu hlaba ngalo, na nga ngomso: kepa uma ku kona okuseleyo ku ze ku fike usuku lwesitatu ko shiswa ngomlilo. 7 Uma nxashana ku dhliwa nokudhliwa ngosuku lwesitatu, ku icilo; a ku yi kwamkelwa: 8 kepa okudhlayo u ya kutwala icala lake, ngokuba e dumazile into e ngcwele ka Jehova: lo muntu u ya kunqunywa kwaba kubo.

9 Nxa ni vuna isivuno sezwe lenu, u nga vuni u qede konke oku semagunjini ensimu yako, u nga kotozi umkotozo wesivuno sako. 10 U nga kotozi esivinini sako, u nga buti izinhlamvu zesivini sako ezivutulukileyo; wo zi shiyela abampofu nabezizwe; ngi nguJehova uNkulunkulu wenu.

11 Ni ng'ebi; ni nga kohlisani, ni nga qambelani amanga. 12 Ni nga fungeli amanga igama lami, u dumaze igama li ka Nkulunkulu wako: ngi nguJehova.

13 U ng'amuki umakelwane wako, u nga m pangi: inkokelo yoqashiweyo a i nga hlali kuwe ubusuku ku ze ku se. 14 U nga tuki isitulu, u nga beki isikubekiso pambi kwempumpute; kepa wo m esaba uNkulunkulu wako: ngi nguJehova.

15 Ni ng'enzi oku nga fanele ekwahluleleni: u nga m vuni ompofu, u nga tusi ubuso bomkulu; wo m ahlulela umakelwane wako ngokulunga. 16 U nga hambahambi u nceteza pakati kwaba kini: mus'ukuma u melene negazi lomakelwane wako: ngi nguJehova.

17 U nga m zondi umfo wenu ngenhliziyo yako: wo m kuza nokumkuza umakelwane wako, u nga bi na sono ngaye. 18 U nga pindisi, u nga bi namagqubu ngabantwana babantu ba kini; wo tanda umakelwane wako njengokuzitanda kwako: ngi nguJehova.

19 Gcinani izimiso zami. U nga z'ekisi izilwane zako ngolunye uhlobo: u nga hlwanyeli ensimini yako izinhlobo ezimbili zembeu: a ku ng'ezi pezu kwako ingubo yezinhlobo ezimbili ezixubanisiweyo. 20 Nxa umuntu e lala nowesifazana o isigqili e se kiwe, e nga hlengiwe, e nga kululiwe ngesihle; ka ba shaywe; ba nga bulawa, ngokuba wa e nga kululekile. 21 U ya kuleta umnikelo wake wecala ku Jehova emnyango wetente lokuhlangana, inqama i be umnikelo wecala. 22 Umpristi u ya kumhlaulela ngenqama yomnikelo wecala pambi ku ka Jehova ngesono sake one ngaso: a tetelelwe isono sake one ngaso.

23 Ko ti nxa se ni fikile ezweni, se ni tshalile imiti yonke edhliwayo, ni balele izitelo zayo zi be ukungasoki kwayo: iminyaka emitatu a i be eyokungasoki kini; i nga dhliwa. 24 Kepa ngomnyaka wesine izitelo zonke zayo zo ba ngcwele zi lungele ukudumisa uJehova. 25 Ngomnya-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Imiteto etile. Ku nqatshelwa ukukonza uMoleki; nokupinga.

ka wesihlanu ni nga zi dhla izitelo zayo, i ze i ni telele ukudhla kwayo: ngi nguJehova uNkulunkulu wenu.

26 Ni nga dhli into negazi layo: ni nga twebuli, ni nga bi izinyanga zemihlola. **27** Ni nga gundi amakanda enu emacaleni ni wa zungeze, u ng'oni isilevu sako emacaleni. **28** Ni nga zizauli emizimbeni ngenxa yabafileyo, ni nga zilobi amabala: ngi nguJehova.

29 U nga dumazi indodakazi yako ngokuyenza isifebe; funa izwe l'ehlelwe ubufebe, izwe li gcwale amanyala. **30** Gcinani amasabata ami, ni hlonipe indhlu yami engcwele: ngi nguJehova.

31 Ni nga pendukeli kwaba nemilozikazana, na sezangomeni; ni nga zi funi, ni ngcoliswe izo: ngi nguJehova, uNkulunkulu wenu.

32 Wo sukuma pambi kwengwevu, u tuse ubuso bexegu, u m esabe uNkulunkulu wako: ngi nguJehova.

33 Uma owezizwe e te gozololo nawe ezweni la kini, ni nga m katazi. **34** Owezizwe ote gozololo kini ka be njengowokuzalwa womquba, wo m tanda njengokuzitanda kwako; ngokuba na ni ngabezizwe ezweni la sEgipite: ngi nguJehova uNkulunkulu wenu.

35 Ni ng'enzi oku nga fanele ekwahluleleni, na ngokulinganisa ubude bento, noma ukusinda kwento, noma ubuningi bento. **36** No ba nezikalo ezilungileyo, nezilinganiso ezilungileyo, neefa elilungileyo, nehini elilungileyo: ngi nguJehova uNkulunkulu wenu, owa ni kipa ezweni la sEgipite. **37** No gcina izimiso zami zonke, namasiko ami onke ni wenze: ngi nguJehova.

20 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, **2** Yisho futi kwaba kwa Israeli, u ti, Wonke umuntu, noma e ngowa kwa Israeli, noma owezizwe ote gozololo kwa Israeli, o nikela inzalo yake ku Moleki; ka bulawe nokubulawa: abantu bezwe ka ba m kande ngamatshe. **3** Ngi ya kubhekisa ubuso bami nga ku lowo muntu, ngi m nqume kwaba kubo; ngokuba e nikele inzalo yake ku Moleki, wa ngcolisa indhlu yami engcwele, wa dumaza igama lami elingcwele. **4** Uma abantu bezwe be siteza nakanci amehlo abo ku lowo muntu lapo e nikela inzalo yake ku Moleki, ba nga m bulali; **5** ngi se za kubhekisa ubuso bami nga ku lowo muntu, nomndeni wa kubo, ngi m nqume kwaba kubo, nabo bonke aba feba ngokumlandela, ba febe no-Moleki.

6 Na lowo muntu o pendukela kwaba nemilozikazana na sezangomeni, ukuba a febe ngokuzilandela, ngi ya kubhekisa ubuso bami nga ku lowo muntu, ngi m nqume kwaba kubo. **7** Ngakoke ma ni zingcwelise, ni be ngcwele; ngokuba ngi nguJehova uNkulunkulu wenu. **8** A no gcina izimiso zami, ni z'enze: ngi nguJehova oningcwelisayo. **9** Wonke umuntu o tuka uyise nonina, ka bulawe nokubulawa: u tukile uyise noma unina; igazi lake li ya kuba pezu kwake.

10 Umuntu o pinga nomfazi womunye umuntu, o pinga nomka makelwane wake, isipingi nesipingikazi, ma zi bulawe nokubulawa. **11** Umuntu o lala nomka yise wambulile ubunqunu bu ka yise: a ba bulawe nokubulawa bobabili; igazi labo li ya kuba pezu kwabo. **12** Uma umuntu e lala nomalokazana wake, ma ba bulawe nokubulawa bobabili; b'enzile icilo; igazi labo li ya kuba pezu kwabo. **13** Uma indoda i lala nowesilisa njengokulalwa kowesifazana b'enzile amacilo bobabili: ma ba bulawe nokubulawa; igazi labo li ya kuba pezu kwabo. **14** Uma umuntu e tabata umfazi kanye nonina, ku amanyala: a ba shiswe ngomlilo yena nabo; ukuba ku nga biko amanyala pakati kwenu. **15** Uma umuntu e lala nesilwane ma ka bulawe nokubulawa: nesilwane no si bulala. **16** Uma owesifazana e sondela esilwaneni ukuba a lale naso, no bulala owesifazana kanye nesilwane: a ku bulawe nokubulawa kokubili; igazi labo li ya kuba pezu kwabo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Imiteto ngokuhlanzeka. Imiteto yabapristi.

17 Uma umuntu e tabata udade wabo, indodakazi ka yise, noma indodakazi ka nina, a bone ubunqunu bayo, nayo i bone ubunqunu bake; ku ihlazo; ba ya kunqunywa emehlweni abantwana babantu ba kubo: wambulile ubunqunu bu ka dade wabo; u ya kutwala icala lake. **18** Uma umuntu e lala nowesifazana, e nefindo, ambule ubunqunu bake; u nqunisile umtombo wake, naye wambulile umtombo wegazi lake: ba ya kunqunywa bobabili kwaba kubo. **19** U ng'ambuli ubunqunu bu ka dade wabo ka nyoko, nobu ka dade wabo ka yihlo; ngokuba u nqunisile o inyama yake: ba ya kutwala icala labo. **20** Uma umuntu e lala nomka yisekazi, wambulile ubunqunu bu ka yisekazi: ba ya kutwala isono sabo; ba ya kufa be izimpulule. **21** Uma umuntu e tabata umfazi womfo wabo, ku ukungcola: wambulile ubunqunu bomfo wabo; ba ya kuba izimpulule.

22 Ngakoke no gcina izimiso zonke zami namasiko onke ami, ni wenze; ukuba izwe, engi ni yisa kulo ukuba nake kona, li nga ni palazi. **23** Ni nga hambi ngemikuba yesizwe, engi si xosha pambi kwenu: ngokuba b'enza zonke lezi zinto, ngako nga dinwa yibo. **24** Kepa ngi shilo kini, nga ti, Ni ya kulidhla ubufa izwe labo; ngi ya kuninika lona, li be elenu, izwe eli vame ubisi nezinyosi: ngi nguJehova uNkulunkulu wenu onahlukanisileyo nezinye izizwe. **25** Ngakoke ni ya kwenza kwahluke izilwane ezihlambululekileyo nezingcolileyo, nezinyoni ezingcolileyo nezihlambululekileyo: ni ng'enzi imipefumulo yenu i nengeke ngesilwane, na ngenyoni, na ngento epetuzayo emhlabatini, engizahlukanisileyo nani, nga ti zi ngcolile. **26** A no ba ngcwele kimi: ngokuba mina Jehova ngi ngcwele; ngi n'ahlukanisile nezinye izizwe, ukuba ni be abami.

27 Uma indoda noma owesifazana, e nomlozikazana, noma e isangoma, ka bulawe nokubulawa: a ba kandwe ngamatshe; igazi labo li ya kuba pezu kwabo.

21 UJehova wa ti ku Moses, Kuluma ku bapristi, amadodana ka Aron, u ti kubo, A ku nga biko ozingcolisayo ngabafileyo ba kubo; **2** kupela ngaba kubo aba nyamanye naye, ukuti, ngonina, na ngoyise, na ngendodana yake, na ngendodakazi yake, na ngomfo wabo, **3** na ngodade wabo, intombi eyelamanayo naye, e nga banga na ndoda; a nga zingcolisa ngaye. **4** A nga zingcolisi, loku e ngumnumzana kwaba kubo, a ze a zidumaze. **5** Ma ba nga zigegi, ba nga puculi isilevu emacaleni, ba nga zizauli emizimbeni yabo. **6** Bo ba ngcwele ku Nkulunkulu wabo, ba nga li dumazi igama li ka Nkulunkulu wabo; ngokuba be nikela iminikelo ka Jehova e yenziwa ngomlilo, ukudhla ku ka Nkulunkulu wabo: ngako bo ba ngcwele. **7** Ma ba nga tabati owesifazana o isifebe, nodumazekile, ba nga tabati owesifazana o lahliwe indoda; ngokuba umpristi e ngcwele ku Nkulunkulu wake. **8** Ngako ma u m ngcwelise; ngokuba e nikela ukudhla ku ka Nkulunkulu wako; wo ba ngcwele kuwe; ngokuba ngi ngcwele mina Jehova oningcwelisayo. **9** Indodakazi yompristi, uma i zidumaza ngokufeba, i dumaza uyise: ma i shiswe ngomlilo.

10 O ngumpristi omkulu ku bafo wabo, owa telwa ngamafuta okugcoba ekanda, o hlukaniselwe ukwambata izingubo, ka nga tukululi izinwele zekanda lake, a nga hxebuli izingubo zake; **11** ka nga ngeni na ku sipi isidumbu sofileyo, a nga zingcolisi ngenxa ka yise na ngenxa ka nina; **12** futi ka nga pumi endhlini engcwele, a nga dumazi indhlu engcwele ka Nkulunkulu wake; ngokuba umqele wamafuta okugcoba ka Nkulunkulu wake u pezu kwake: ngi nguJehova. **13** Ka tabate intombi isibili i be umkake. **14** Umfelokazi, nowesifazana olahliweyo, nodumazekile o isifebe, a nga ba tabati laba: kepa ka tabate intombi ku bantu ba kubo i be umkake. **15** Ka nga dumazi inzala yake ebantwini bakubo: ngokuba mina ngi nguJehova omngcwelisayo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Imiteto yabapristi. A ku nga nikelwa oku nesici.

16 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 17 Kuluma ku Aron, u ti, Uma umuntu wenzalo yako ezizukulwaneni zayo e isilima, ka nga sondeli ukuba a nikele ukudhla ku ka Nkulunkulu wake. 18 Ngokuba wonke umuntu o isilima ka nga sondeli: umuntu o impumpute, noma o unyonga, noma o mpumulo eshonileyo, noma o nomhlaza napi, 19 noma umuntu o nonyawo olwapukileyo, noma o nesandhla esapukileyo, 20 noma e isifumbu, noma e isicwe, noma e nesishazi esweni lake, noma e nokwekwe, noma e qubukile, noma e isilima ngamasende; 21 umuntu o isilima wenzalo ka Aron umpristi, ka nga sondeli ukuba a nikele iminikelo ka Jehova e yenziwa ngomlilo: u isilima; ka nga sondeli ukuba a nikele ukudhla ku ka Nkulunkulu wake. 22 A ka dhle ukudhla ku ka Nkulunkulu wake, loko okungcwelengcwele na loko okungcwele: 23 kepa ka nga ngeni kulo iveli, a nga sondeli elatini, ngokuba e isilima; ukuba a nga dumazi izindawo zami ezingcwele: ngokuba mina ngi nguJehova obangcwelisayo. 24 UMoses wa kulumake noAron, namadodana ake, nabo bonke aba kwa Israeli.

22 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 2 Kuluma ku Aron na kuwo amadodana ake, ukuba ba z'ahlukanise kuko okungcwele kwaba kwa Israeli, aba ngi ngcwelisela kona, nokuba ba nga dumazi igama lami elingcwele: ngi nguJehova. 3 Yiti kubo, Wonke umuntu wenzalo yenu, ezizukulwaneni zenu, osondelayo ezintweni ezingcwele aba kwa Israeli aba zi ngcwelisele uJehova, e sa ngcolile, lowo muntu u ya kunqunywa, a nga biko pambi kwami: ngi nguJehova. 4 Wonke umuntu wenzalo ka Aron o nocoko, noma e cucuza, ka nga dhli okungcwele, e nga ka hlambululeki. No tinta okungcolileyo ngofileyo, nomuntu o shaywa izibuko; 5 wonke umuntu o tinta into ehuquzelayo a nga ngcoliswa ngayo, noma umuntu a nga ngcoliswa ngaye, nakuba e nokungcola kuni; 6 umuntu okutintayo okunje wo ba u ngcolile ku ze ku hlwe; a nga dhli okungcwele, e nga ka gezi umzimba wake ngamanzi. 7 Ko t'uba li shone ilanga a hlambululeke, andubake a dhle okungcwele, ngokuba ku ukudhla kwake. 8 Ingcuba, nokudweshuliweyo izilo, a nga ku dhli a zingcolise ngako: ngi nguJehova. 9 Ngakoke a ba londe isilondolozelo sami, ukuba ba nga twali isono ngaso ba fe, nxa be si dumaza: ngi nguJehova obangcwelisayo.

10 Owezizwe a nga dhli okungcwele: ote gozololo ku mpristi, noqashiweyo, a nga dhli okungcwele. 11 Kepa uma umpristi e tenga umuntu, e intengo yemali yake, a nga ku dhla; no zalwe endhlini yake, a nga dhla ukudhla kwake. 12 Uma indodakazi yompristi i gana kowezizwe a i nga dhli emnikelweni wokupakanyiswa wokungcwele. 13 Kepa uma indodakazi yompristi i umfelokazi, noma i lahliwe indoda, i nge na nzalo, i buyele endhlini ka yise, njenga sebusheni bayo, i nga dhla ukudhla ku ka yise: kepa owezizwe ka nga ku dhli. 14 Uma umuntu e dhla okungcwele ngesiposiso, wo kwengeza okwesihlanu kuko, a ku nike umpristi kanye nokungcwele. 15 A ba nga dumazi okungcwele kwaba kwa Israeli abakunikelayo ku Jehova, 16 ba nga ba twesi ububi obu tolisa icala uma be dhla okungcwele kwabo: ngokuba ngi nguJehova obangcwelisayo.

17 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 18 Kuluma ku Aron, na kuwo amadodana ake, na kubo bonke aba kwa Israeli, u ti kubo, Wonke umuntu wendhlu ka Israeli, noma ote gozololo kwa Israeli, o wetula isetulo sake kumbe okwokwetembisa kwake, nokweminikelo yake yesihle, e nikelwa ku Jehova, i be umnikelo oshiswayo, 19 a no nikela ukuba namkelwe, induna e nge na sici yezinkomo, noma eyezimvu, noma eyezimbuzi. 20 Noma intoni e nesici ni nga yi nikeli: ngokuba a i yi kwamkelwa kini. 21 Noma ubani o nikela ku Jehova umhlatshelo weminikelo yo-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kutula, ukuba a tembise ngesitembiso esitile, noma umnikelo wesihle, owa sezinkomeni, noma owa sezimvwini, wo pelela ukuba wamkeleke; u nga bi na sici. 22 Epuputekayo, neyapukileyo, nelimeleyo, nenetumba, ne nokwekwe, nequbukileyo, ni nga nikeli lezi ku Jehova, ni nga zi nikeli zi be umnikelo owenziwa ngomlilo elatini ku Jehova. 23 U nga nikela inkomo, noma imvana e nomhlaza, noma e silele isito, i be umnikelo wesihle; kepa a i na kwamkelwa i be ngowesitembiso. 24 Ni nga nikeli ku Jehova into eteniweyo ngokukandwa, noma ngokucotshozwa, noma ngokucutshuzwa, noma ngokunqunywa; ni ng'enzi okunje ezweni lenu. 25 Ni ng'amkeli okunje esandhleni sowezizwe ukuba ni nikele ukudhla ku ka Nkulunkulu wenu; ngokuba ukwonakala kwako ku kona kuko, si kona isici kuko: a ku na kwamkelwa loku kini.

26 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 27 Nxa ku zalwa inkomo, noma imvu, noma imbuzi, a i hlale ku nina izinsuku ezi isikombisa; ko ti, ngosuku lwesishiyangalombili na ngasemva, yamkeleke i be isetulo somnikelo owenziwa ngomlilo ku Jehova. 28 Noma ku inkomazi, noma imvukazi, a i nga hlatshwa yona nomntwana wayo ngosuku lunye. 29 Nxa ni hlabela uJehova umhlatshelo wokubonga, no wu hlaba ukuba n'amkeleke. 30 A u dhliwe nga lolo suku; ni nga shiyi luto ku ze ku se: ngi nguJehova. 31 Ngakoke geinani imiyalo yami, ni y'enze: ngi nguJehova. 32 Ni nga dumazi igama lami elingcwele; ngi ya kungcweliswa pakati kwaba kwa Israeli: ngi nguJehova oningcwelisayo, 33 owa ni kipa ezweni la sEgipite, ukuba ngi be uNkulunkulu wenu: ngi nguJehova.

23 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 2 Kuluma kwaba kwa Israeli, u ti kubo, Imikosi emisiweyo ka Jehova eni ya kuyimemezela i be izimbizo ezingcwele, le i imikosi yami emisiweyo. 3 Ko setshenzwa izinsuku ezi isitupa: kepa usuku lwesikombisa lu isabata lokupumula okuzotileyo, imbizo engcwele; ni nga sebenzi umsebenzi noma yimupi: ku isabata ku Jehova emakaya onke enu.

4 Le i yimikosi emisiweyo ka Jehova, izimbizo ezingcwele, eni ya kuyimemezela ngezikati zayo ezimisiweyo. 5 Ngenyanga yokuqala ngosuku lweshumi nane lwenyanga se li shona ilanga ku ipasika li ka Jehova, 6 Ngosuku lweshumi nesihlanu lwa leyo nyanga ku umkosi wesinkwa esi nge na mvubelo ku Jehova: a no dhla isinkwa esi nge na mvubelo izinsuku ezi isikombisa. 7 Ngosuku lokuqala a no ba nembizo engcwele: ni nga sebenzi umsebenzi wesitukutuku. 8 Kepa no nikela ku Jehova umnikelo owenziwa ngomlilo ku be izinsuku ezi isikombisa: ngosuku lwesikombisa ku imbizo engcwele; ni nga sebenzi umsebenzi wesitukutuku.

9 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 10 Kuluma kwaba kwa Israeli, u ti kubo, Nxa se ni fikile ezweni engi ni nika lona, ni vune isivuno salo, a no leta ku mpristi isitungu sezandulela zesivuno senu: 11 a si zulise isitungu pambi ku ka Jehova ukuba samkelwe ngenxa yenu: umpristi a si zulise ngosuku olu landela isabata. 12 Ngosuku eni zulisa isitungu ngalo a no nikela imvana yenduna e nge na sici, e nomnyaka munye, i be umnikelo oshiswayo ku Jehova. 13 Umnikelo wempupu wawo wo ba okweshumi okubili kweefa lempupu ecolekileyo i xovwe namafuta, umnikelo owenziwa ngomlilo ku Jehova, u be ulwasi olumnandi; nomnikelo wokupuzwa wawo u be okwesine kwehini lewayini. 14 Ni nga dhli isinkwa, nenhlosa, nezikwebu ezintsha ku nga ka fiki lolo suku, ni nga /k'etuli isetulo si ka Nkulunkulu wenu: ku isimiso ku ze ku be nini ezizukulwaneni zenu emakaya onke enu.

15 A no zibalela, ni qala ngosuku olu landela isabata, ngosuku eni lete ngalo isitungu somnikelo wokuzuliswa; .ko pelela amasabata a isiko-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

mbisa; 16 ku ze ku fike usuku olu landela isabata lesikombisa a no bala izinsuku ezi ngamashumi a isihlanu; ni nikele umnikelo omusha wempupu ku Jehova. 17 Ni lete ku vela emakaya enu izinkwa ezimbili zokuzuliswa zokweshumi okubili kweefa: a zi be ezempupu ecolekileyo, z'osiwe zi vutshelwe, zi be ulibo ku Jehova. 18 Ni ya kunikela kanye nesinkwa izimvana ezi isikombisa ezi nge na sici, ezi nomnyaka munye, neduna li be linye, nezinqama ezimbili: zi be umnikelo oshiswayo ku Jehova, kanye nomnikelo wazo wempupu, neminikelo yazo yokupuzwa, umnikelo owenziwa ngomlilo, ulwasi olumnandi ku Jehova. 19 Ni hlabe impongo i benye i be umnikelo wokwona, nezimvana zezinduna ezimbili ezi nomnyaka munye zi be umhlatshelo weminikelo yokutula. 20 Umpristi a ku zulise kanye nezinkwa zolibo ku be umnikelo wokuzuliswa pambi ku ka Jehova; kanye nezimvana ezimbili: zo ba ngcwele ku Jehova zi be ezompristi. 21 A no memezela nga lolo suku; ni be nembizo engcwele; ni nga sebenzi umsebenzi wesitukutuku: ku isimiso ku ze ku be nini emakaya onke enu ezizukulwaneni zenu.

22 Nxa ni vuna isivuno sezwe lenu; u nga vuni u qede konke oku semagunjini ensimu yako; u nga kotozi umkotozo wesivuno sako: wo ku shiyela abampofu nowezizwe: ngi nguJehova uNkulunkulu wenu.

23 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 24 Kuluma kwaba kwa Israeli, u ti, Ngenyanga yesikombisa, ngosuku lokuqala lwenyanga, a no ba nokupumula okuzotileyo, isikumbuzo sokushaya amacilongo, imbizo engcwele. 25 Ni nga sebenzi umsebenzi wesitukutuku; a no nikela umnikelo owenziwa ngomlilo ku Jehova.

26 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 27 Kepake usuku lweshumi lwa le nyanga yesikombisa lu lusuku lokuhlaulela: ko ba imbizo engcwele kini; a no tobisa imipefumulo yenu; ni nikele umnikelo owenziwa ngomlilo ku Jehova. 28 Ni nga sebenzi umsebenzi noma yimupi nga lolo suku; ngokuba lu ngusuku lokuhlaulela, lokunihlaulela pambi ku ka Jehova uNkulunkulu wenu. 29 Lowo muntu o nga totshiswa nga lolo suku, u ya kunqunywa kwaba kubo. 30 Na lowo muntu o sebenza umsebenzi noma yimupi nga lolo suku, ngi ya kumbubisa lowo, a nga biko kwaba kubo. 31 Ni nga sebenzi umsebenzi noma yimupi: ku isimiso ku ze ku be nini ezizukulwaneni zenu emakaya onke enu. 32 Ko ba isabata lokupumula okuzotileyo kinina; no tobisa imipefumulo yenu: ngosuku lwesishiyangalolunye lwenyanga, kusihlwa, a no gcina isabata lenu, ku qala kusihlwa ku ze ku buye ku hlwe.

33 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 34 Kuluma kwaba kwa Israeli, u ti, Ngosuku lweshumi nesihlanu lwa le nyanga yesikombisa ko ba umkosi wamadokodo ku Jehova, ku be izinsuku ezi isikombisa. 35 Ngosuku lokuqala ko ba imbizo engcwele: ni nga sebenzi umsebenzi wesitukutuku. 36 A ku be izinsuku ezi isikombisa ni nikela ku Jehova umnikelo owenziwa ngomlilo: ngosuku lwesishiyangalombili ko ba kini imbizo engcwele; a no nikela ku Jehova umnikelo owenziwa ngomlilo: ku umhlangano ozotileyo; ni nga sebenzi umsebenzi wesitukutuku.

37 Le i yimikosi emisiweyo ka Jehova eni ya kuyimemezela i be izimbizo ezingcwele, ukuba ku nikelwe ku Jehova umnikelo owenziwa ngomlilo, umnikelo oshiswayo, nomnikelo wempupu, nomhlatshelo, neminikelo yokupuzwa, ku be ilowo ngosuku lwawo; 38 ngapandhle kwamasabata ka Jehova, na ngapandhle kwezipo zenu, na ngapandhle kwezitembiso zenu zonke, na ngapandhle kweminikelo yenu yonke yesihle, eni yi nikela ku Jehova.

39 Kepake ngosuku lweshumi nesihlanu lwenyanga yesikombisa, lapa se ni butile ukudhla kwezwe, a no

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umkosi wamadokodo. Isibani nesinkwa. Ukushaywa kwotukayo.

gcina umkosi ka Jehova ku be izinsuku ezi isikombisa: ngosuku lokuqala a ku be ukupumula okuzotileyo, na ngosuku lwesishiyangalombili ku be ukupumula okuzotileyo. **40** Ngosuku lokuqala a no tabata izitelo zemiti emihle, amahlamvu esundu, namagatsha emiti ehlangeneyo, neminyezane yomfula; ni tokoze pambi ku ka Jehova uNkulunkulu wenu izinsuku ezi isikombisa. **41** Ni ya kuwugcina u be umkosi ku Jehova izinsuku ezi isikombisa ngomnyaka: ku isimiso ku ze ku be nini ezizukulwaneni zenu; ni wu gcine ngenyanga yesikombisa. **42** Ni ya kuhlala emadokodweni izinsuku ezi isikombisa; bonke aba ngabokuzalwa bomquba kwa Israeli bo hlala emadokodweni; **43** ukuba izizukulwane zenu z'azi ukuti nga ba hlalisa aba kwa Israeli emadokodweni, ekubakipeni kwami ezweni la sEgipite: ngi nguJehova uNkulunkulu wenu. **44** UMoses wa ba tshelake aba kwa Israeli imikosi emisiweyo ka Jehova.

24 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, **2** Yala aba kwa Israeli ukuba ba lete kuwe amafuta acwengekileyo omnqumo anyiselwe ukukanyisa, ukuba isibani si vute njalonjalo. **3** Ngapandhle kweveli lesifakazo, etenteni lokuhlangana, uAron u ya kusilungisa a qale kusihlwa ku ze ku se pambi ku ka Jehova njalonjalo: ko ba isimiso ku ze ku be nini ezizukulwaneni zenu. **4** Wo ti a lungise izibani kulo uti oluhle lwezibani pambi ku ka Jehova njalonjalo.

5 Wo tabata impupu ecolekileyo, wose ngayo amaqebelengwana a ishumi nambili: iqebelengwana linye li be nokweshumi okubili kweefa. **6** U wa beke ngezinhla ezimbili, a isitupa a be sohleni lunye kulo itafula elihle pambi ku ka Jehova. **7** U tele inhlaka ecwengekileyo ezinhleni, i be isikumbuzo esinkweni, umnikelo owenziwa ngomlilo ku Jehova. **8** Amasabata ngamasabata a si hlele pambi ku ka Jehova njalonjalo; ku isivumelwano ngenxa yaba kwa Israeli esi mi njalo. **9** So ba esi ka Aron nesamadodana ake; ma ba si dhle endaweni engcwele: ngokuba si ngcwelengcwele kuye eminikelweni ka Jehova eyenziwa ngomlilo ngesimiso esimiyo.

10 Indodana yowesifazana wa kwa Israeli, uyise wayo e ngowa sEgipite, ya puma ya ya pakati kwaba kwa Israeli; le ndodana yowesifazana wa kwa Israeli ya xabana nomuntu wa kwa Israeli ekamu: **11** indodana yowesifazana wa kwa Israeli ya hlambalaza iGama, ya tuka; ba se be yi leta ku Moses. Igama li ka nina la li nguShelomiti, ka Dibri, wesizwe sa kwa Dan. **12** Ba yi faka ekuboshweni ukuba ku vele izwi ngomlomo ka Jehova.

13 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, **14** M kipele ngapandhle kwekamu yena otukileyo; bonke abamuzwileyo a ba beke izandhla zabo ekanda lake, inhlangano yonke a i m kande ngamatshe. **15** Wo kuluma kwaba kwa Israeli, u ti, Otukayo uNkulunkulu wake u ya kutwala isono sake. **16** O hlambalaza igama li ka Jehova ka bulawe nokubulawa; inhlangano yonke a i m kande nokumkanda ngamatshe: noma e ngowezizwe noma ngowokuzalwa womquba, nxa e hlambalaza igama li ka Jehova, ka bulawe. **17** O shaya umuntu a fe, ka bulawe nokubulawa; **18** o shaya inkomo i fe ka yi koke, inkomo ngenkomo. **19** Nxa umuntu e limaza umakelwane wake, a kwenziwe kuye njengokwenza kwake: **20** ukwapuka ngokwapuka, iso ngeso, izinyo ngezinyo; njengaloku e limazile umuntu a kwenziwe loko kuye. **21** O bulala inkomo ka yi koke: o bulala umuntu ka bulawe. **22** A no ba nomteto munye ngowezizwe na ngowokuzalwa womquba: ngokuba ngi nguJehova uNkulunkulu wenu. **23** UMoses wa kuluma kwaba kwa Israeli; ba m kipa ekamu otukileyo, ba m kanda ngamatshe. Aba kwa Israeli b'enza njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses.

25 UJehova wa kuluma ku Moses entabeni iSinayi, wa ti, **2** Kulu-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ma kwaba kwa Israeli, u ti kubo, Ekufikeni kwenu ezweni engi ni nika lona, izwe a li m gcinele uJehova isabata. **3** Iminyaka e isitupa wo yi lima insimu yako, u tene isivini sako iminyaka e isitupa, u bute ukudhla kwaso; **4** kepa umnyaka wesikombisa wo ba isabata lokupumula okuzotileyo ezweni, isabata ku Jehova: u nga limi insimu yako, u nga teni isivini sako. **5** Amakikizela esivuno sako u nga wa vuni, u ng'aki amavini omvini wako o nga teniwe: ku ya kuba umnyaka wokupumula okuzotileyo ezweni. **6** Isabata lezwe lo ba ukudhla kwenu; okwako, nokwesigqili sako sesilisa nesesifazana, nokwoqashiweyo wako nokwowezizwe, abate gozololo kuwe. **7** Na kuzo izinkomo zako, na kuzo izilwane ezi sezweni lako, ukutela konke kwalo ko ba ukudhla.

8 Wo bala amasabata a isikombisa eminyaka, iminyaka e izikombisa ezi isikombisa; ko ba kona kuwe izinsuku zamasabata a isikombisa eminyaka, iminyaka e ngamashumi amane nesishiyangalolunye. **9** Konake wo tumela ezweni icilongo eli kala kakulu ngosuku lweshumi lwenyanga yesikombisa; ngosuku lokuhlaulela wo tumela icilongo ezweni lonke lenu. **10** A no ngcwelisa umnyaka wamashumi a isihlanu, ni memezele ukukululeka ezweni, kubo bonke abantu balo: wo ba ijubili kini; ni ya kubuya ku be ilowo a buyele efeni lake, ni buyele, ku be ilowo a buyele emndenini wa kubo. **11** Lo mnyaka wamashumi a isihlanu wo ba ijubili kini: ni nga limi, ni nga vuni amakikizela ngawo, ni ng'aki amavini awo omvini o nga teniwe. **12** Ngokuba u ijubili; wo ba ngcwele kini: ni ya kudhla ukudhla kwawo kwa sensimini.

13 Nga lo mnyaka wejubili ni ya kubuya, ku be ilowo a buyele efeni lake. **14** Nxa u tengisa ngoto ku makelwane wako, noma u tenga ku makelwane wako, ni nga dhlani. **15** Ko ya ngomumo weminyaka emva kwejubili ukutenga kwako ku makelwane wako, ku ye ngomumo weminyaka yokutela kwokudhla ukutengisa kwake kuwe. **16** Ko ti ngobuningi beminyaka u y'andise imali yalo, na ngobuncinyane beminyaka u ncipise imali yalo; ngokuba ko ya ngomumo weminyaka yokutela kwokudhla ukutengisa kwake kuwe. **17** Kepa ma ni nga dhlani; wo m esaba uNkulunkulu wako: ngokuba ngi nguJehova uNkulunkulu wenu.

18 Ngakoke a no z'enza izimiso zami, ni gcine amasiko ami, ni wenze; ko ti ni hlale ni londekile ezweni. **19** Izwe li ya kutela izitelo zalo, ni dhle ni sute, ni hlale ni londekile kulo. **20** Nxa ni ti, Si ya kudhlani ngomnyaka wesikombisa? loku si nga limi, si nga vuni ukudhla kwetu; **21** ngi ya kuleta isibusiso sami pezu kwenu ngomnyaka wesitupa, li tele ukudhla kweminyaka emitatu. **22** No ti ni lime ngomnyaka wesishiyangalombili, ni dhle ukudhla oku unyasa; ku ze ku fike umnyaka wesishiyangalolunye, ku fike ukudhla kwawo ni ya kudhla unyasa.

23 A ku nga tengiswa ngezwe l'esulwe; ngokuba izwe li ngelami: ngoba ni ngabezizwe nabate gozololo kimi. **24** Ezweni lonke lenu a no vumela ukuba izwe li hlengwe. **25** Uma umfo wenu e ba mpofu, a tengise ngezwe lake, ko ti o nyamanye naye o nokumhlenga, a li hlenge lona a tengise ngalo umfo wabo. **26** Nxa umuntu e nge na bani wokulihlenga, uma e fuyile e fumanisile okwanele ukulihlenga; **27** ka bale iminyaka yiloku kwa tengiswa ngalo, a buyisele okudhluleleyo ku yena a tengise ngalo kuye; a buyele ezweni lake. **28** Kepa uma e nge namandhla okuzibuyisela lona, izwe a tengise ngalo li ya kuhlala kuye owalitengayo, ku ze ku fike umnyaka wejubili: ko ti ngejubili li pume, a buyele ezweni lake.

29 Uma umuntu e tengisa ngendhlu emzini o nogange, a nga yi hlenga ku nga ka peli umnyaka yiloku wa tengisa ngayo; u ya kuba nelungelo lokuyihlenga ku ze ku pele umnyaka. **30** Uma u pela umnyaka

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku nqatshelwa ukutsheleka ngenzalo. Ukuhlengwa kwezigqili.

i nga ka hlengwa, leyo ndhlu e semzini o nogange i ya kuqiniswa ku be eyake owayitengayo njalonjalo ezizukulwaneni zake: a i yi kupuma ngejubili. **31** Kepa izindhlu zemizana e nge nalo ugange a zi be njengamazwe a semapandhleni: zi nga hlengwa, zo puma ngejubili. **32** Kodwa imizi yabaLevi, izindhlu zemizi yefa labo, abaLevi ba nga zi hlenga ngezikati zonke. **33** Uma omunye wabaLevi e nga hlengi, ku ya kuti indhlu a tengisa ngayo, nomuzi wefa lake, ku pume ngejubili; ngokuba izindhlu zemizi yabaLevi zi ifa labo pakati kwaba kwa Israeli. **34** Kepa izwe lamadhlelo emizi yabo a ku nga tengiswa ngalo; ngokuba li ifa labo elimiyo.

35 Uma umfo wenu e ba mpofu, a pele amandhla e kuwe; wo m simamisa: njengowezizwe, note gozololo, a hlale nawe. **36** U nga tabati kuye inzalo, nesandiso, kepa yesaba uNkulunkulu wako; ukuba umfo wenu a hlale nawe. **37** U nga m niki imali yako ngenzalo, u nga m niki ukudhla kwako ngesandiso. **38** Ngi nguJehova uNkulunkulu wenu, owa ni kipa ezweni la sEgipite, ukuba ngi ni nike izwe la kwa Kanan, ngi be uNkulunkulu wenu.

39 Nxa umfo wenu e ba mpofu e kuwe, e zitengisa kuwe; u nga m sebenzisi okwesigqili. **40** Ka be kuwe njengoqashiweyo, note gozololo, a sebenze kuwe ku ze ku fike umnyaka wejubili: **41** a be se puma kuwe, yena nabantwana bake kanye naye, a buyele emndenini wa kubo, a buyele ezweni la oyise. **42** Ngokuba ba izinceku zami, enga ba kipa ezweni la sEgipite: a ku nga tengiswa ngabo njengezigqili. **43** U nga busi pezu kwake kalukuni, yesaba uNkulunkulu wako. **44** Izigqili zesilisa nezesifazana o ya kuba nazo zo vela kwabezizwe abanihaqileyo; ku bona ni ya kutenga izigqili zesilisa nezesifazana. **45** Futi ku bantwana babezizwe abate gozololo kini, ni tenge kubo, na semindenini ya kubo aba kona kini, aba ba zala ezweni lenu: bo ba imfuyo yenu. **46** Ni ya kubenza ifa labantwana benu emva kwenu, ukuba ba be imfuyo yabo; no tata kubo izigqili zenu ku ze ku be nini: kepa abafo wenu aba kwa Israeli ni nga ba busi omunye a buse omunye kalukuni.

47 Uma owezizwe, noma ote gozololo kini e fuyile, kepa umfo wenu o nga kuye e ba mpofu, a zitengise kowezizwe, noma kote gozololo kini, noma kowohlanga lomndeni wabezizwe; **48** emva kwokutengiswa kwake a nga buya a hlengwe: omunye wabafo wabo a nga m hlenga; **49** noma uyisekazi, noma indodana ka yisekazi, a nga m hlenga, noma o inyama yake womndeni wa kubo a nga m hlenga; noma yena uma amandhla ake e finyelela kuko a nga zihlenga. **50** Ka bale naye owamtengayo, e qala ngomnyaka a zitengisa ngawo kuye, ku ze ku be umnyaka wejubili: imali yentengo yake i ya kulinganiswa ngomumo weminyaka; njengesikati soqashiweyo, wo ba naye. **51** Uma ku sa sele iminyaka emininginingi, ka linganise ngayo imali yokuhlengwa kwake, a yi buyise emalini a tengwa ngayo. **52** Uma ku sa sele iminyaka e ingcozana ku ze ku fike umnyaka wejubili, ka bale naye; a buyise imali yokuhlengwa kwake, a yi linganise ngeminyaka yake. **53** Ka hlale kuye njengoqashiweyo umnyaka ngomnyaka: a ka yi kubusa pezu kwake kalukuni emehlweni ako. **54** Uma e nga hlengwanga yilabo, wo puma ngomnyaka wejubili, yena nabantwana bake kanye naye. **55** Ngokuba aba kwa Israeli be izinceku kimi; ba izinceku zami, enga zi kipa ezweni la sEgipite: ngi nguJehova uNkulunkulu wenu.

26 Ni nga z'enzeli izitombe, ni nga zimiseli isitombe esibaziweyo, nensika, ni nga beki itshe eli nomfanekiso ezweni lenu ukuba ni kotame kulo: ngokuba ngi nguJehova uNkulunkulu wenu. **2** A no gcina amasabata ami, ni hlonipe indhlu engcwele yami: ngi nguJehova.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izibusiso nxa be lalela nokushaywa uma be nga laleli.

3 Uma ni hamba ngezimiso zami, ni gcine imiyalo yami, ni y'enze; **4** ngi ya kuninika imvula ngesikati sayo; umhlaba u ya kutela ukudhla kwawo, nemiti yezwe i tele izitelo zayo. **5** Ukubhula kwenu ku ya kufinyelela ekuvunweni kwamavini, ukuvunwa kwamavini ku ya kufinyelela esikatini sokulima; ni ya kudhla ukudhla kwenu, ni sute, ni hlale ni londekile ezweni lenu. **6** Ko ti ngi ni nike ukutula ezweni; ni ya kulala, ni ng'esatshiswa muntu: ngi ya kuzenza zi pele izilo ezibi ezweni, inkemba i nga dabuli ezweni lenu. **7** Ni ya kuxosha izita zenu, zi we pambi kwenu ngenkemba. **8** Aba isihlanu ba kini ba ya kuxosha ikulu, naba ikulu ba kini ba xoshe izinkulungwane ezi ishumi; izita zenu zi ya kuwa pambi kwenu ngenkemba. **9** Ngi ya kuninaka ngi ni cumise, ngi n'andise, ngi mise isivumelwano sami nani. **10** Ni ya kudhla unyasa omdala, ni ze ni kipe unyasa ngenxa yokusha. **11** Ngi ya kumisa itabanekele lami pakati kwenu: umpefumulo wami a u yi kunenyanya. **12** Ngi ya kuhamba pakati kwenu, ngi be uNkulunkulu wenu, ni be abantu bami. **13** Ngi nguJehova uNkulunkulu wenu, owa ni kipa ezweni la sEgipite, ukuba ni nga bi izigqili zabo; ngi z'apulile izikeyi zamajokwe enu, nga n'enza ukuba ni hambe ni luleme.

14 Kodwa uma ni nga ngi laleli, ni ng'enzi le miyalo yonke; **15** uma ni lahla izimiso zami, uma umpefumulo wenu wenyanya amasiko ami, ni ze ni ng'enzi yonke imiyalo yami, ni shafise isivumelwano sami; **16** nami ngi ya kwenza loku kini: ngi ya kumisa pezu kwenu ukupapateka, isifuba, nomkuhlane; ku ya kuqeda amehlo, ku shwapise umpefumulo; ko ti ni hlwanyelele ize imbeu yenu ngokuba izita zenu zi ya kuyidhla. **17** Ngi ya kubhekisa ubuso bami nga kini, ni bulawe pambi kwezita zenu: abanizondayo ba ya kunibusa; ni ya kubaleka noma ni nga xoshwa muntu. **18** Kepa uma ni nga ngi laleli na nga lezi zinto, ngi ya kubuya ngi ni laye kakombisa ngenxa yezono zenu. **19** Ngi ya kwapula ukuzidhla kwamandhla enu: ng'enze izulu lenu li be njengensimbi, nomhlabati wenu u be njengetusi; **20** amandhla enu a ya kucitwa ngeze; izwe lenu a li yikuveza ukudhla kwalo; nemiti yezwe a i yi kutela izitelo zayo.

21 Uma ni hamba ngokupambene nami, ni nga ngi laleli, ngi ya kwengeza kini izinhlupeko zi pindwe kakombisa njengezono zenu. **22** Ngi ya kutuma pakati kwenu izilo za sendhle, ezi ya kunamuka abantwana benu, zi bulale izinkomo zenu, zi ni ncipise; a zi yi kuhanjwa izindhlela zenu.

23 Uma ni nga laywa yimi nga lezi zinto, ni sa hamba ngokupambene nami; **24** ko ti nami ngi hambe ngokupambene nani; ngi ni shaye mina kakombisa ngenxa yezono zenu. **25** Ngi ya kuleta inkemba pezu kwenu, e ya kupindisela impindiselo yesivumelwano; ko ti ni butelwe emizini yenu: ngi tume ubadane lokufa pakati kwenu; ni kashelwe esandhleni sesita. **26** Lapo se ngi lwapula udondolo lwenu olu isinkwa, abesifazana aba ishumi ba ya kwosa isinkwa senu eziko linye, ba buyise isinkwa senu ngokulinganisa: ni ya kudhla, ni nga suti.

27 Uma ni nga ngi laleli nga loku, ni hamba ngokupambene nami; **28** ko ti ngi hambe ngokupambene nani ngokufuteka; futi ngi ni laye kakombisa ngenxa yezono zenu. **29** Ni ya kudhla inyama yamadodana enu, nenyama yamadodakazi enu ni ya kuyidhla. **30** Ngi ya kushabalalisa izindawo zenu ezipakemeyo, ngi gaule imifanekiso yenu yelanga, ngi lahle izidumbu zenu ezidunjini zezitombe zenu; umpefumulo wami u ya kunenyanya. **31** Ngi ya kuyenza imizi yenu i be izwekufa, ngi citakalise izindawo zenu ezingcwele; a ngi yi kuhogela ulwasi lwamapunga amnandi enu. **32** Ngi ya kucitakalisa izwe; izita zenu ezi hlala kulo zi ya kumangala ngako. **33** Ninake ngo

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ni hlakazela ezizweni, ngi koke inkemba emva kwenu: izwe lenu li ya kuba incitakalo, nemizi yenu i be izwekufa.

34 Ko ti ke izwe li tokoze ngamasabata alo izinsuku zonke eli hlezi li citekile ngazo, nina ni kona ezweni lezita zenu; izwe li ya kupumula, li tokoze ngamasabata alo. **35** Izinsuku zonke eli hlezi li citekile ngazo li ya kupumula, ngi sho ukupumula eli nga ku tolanga emasabateni enu, nxa ni sa hlezi kulo. **36** Kwabaseleyo ba kini ngi ya kwehlisela itwetwe ezinhliziyweni zabo be semazweni ezita zabo: ba ya kuxoshwa ukukwashaza kweqabunga elipepetwayo; ba ya kubaleka ngokungati ku balekelwa inkemba; ba we be nga xoshwa muntu. **37** Ba ya kukubeka, omunye pezu kwomunye okungati pambi kwenkemba, be nga xoshwa muntu: a ni yi kuba namandhla okuma pambi kwezita zenu. **38** Ni ya kububa pakati kwezizwe, ni dhliwe izwe lezita zenu. **39** Abaseleyo ba kini ba ya kuhluzeka ebubini babo emazweni ezita zenu; na sebubini ba oyise ba ya kuhluzeka nabo.

40 Ko ti ba vume ububi babo nobubi ba oyise, ekupambukeni kwabo aba pambuka ngako kimi, ba vume nokuti ku ngokuba ba hamba ngokupambene nami, **41** ukuba nami nga hamba ngokupambene nabo, nga ba yisa ezweni lezita zabo: uma izinhliziyo zabo ezi nga sokile zi toba, uma be kwamkela ukushaywa kwobubi babo; **42** ngi ya kukumbulake isivumelwano sami noJakobe; nesivumelwano sami noIsaka, nesivumelwano sami noAbraham, ngi ya kusikumbula; ngi kumbule nezwe. **43** Izwe li ya kushiywa ibo, li tokoze ngamasabata alo, li hlezi li citekile, be ngeko kulo: ba ya kwamkela ukushaywa kwobubi babo; ngokuba, yebo, ngokuba ba lahla amasiko ami, na ngokuba umpefumulo wabo w'enyanya izimiso zami. **44** Kodwa noma ku njalo, se be kona ezweni lezita zabo, a ngi yi kubalahla, a ngi yi kubenyanya, ukuze ngi ba qede, ngi shafise isivumelwano sami nabo; ngokuba ngi nguJehova uNkulunkulu wabo: **45** ngi ya kukumbula ngenxa yabo isivumelwano sa okoko babo, enga ba kipa ezweni la sEgipite emehlweni ezizwe, ukuba ngi be uNkulunkulu wabo: ngi nguJehova.

46 Lezi zi izimiso, namasiko, nemiteto, ayenzayo uJehova pakati kwake naba kwa Israeli entabeni iSinayi ngaye uMoses.

27 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, **2** Kuluma kwaba kwa Israeli, u ti kubo, Nxa umuntu e tembisa ngesitembiso esitile, izingqobo zabantu zo ba ezi ka Jehova ngokulinganisa kwako. **3** Ukulinganisa kwako kwowesilisa ku sukela ko neminyaka e ngamashumi amabili ku ze ku be ko neminyaka e amashumi a isitupa, ukulinganisa kwako ko ba amashekeli esiliva a ngamashumi a isihlanu, ngokweshekeli lendhlu engcwele. **4** Uma ku ngowesifazana ukulinganisa kwako ko ba amashekeli amashumi amatatu. **5** Uma e neminyaka e isihlanu ku ze ku be ko neminyaka e amashumi amabili, ukulinganisa kwako kwowesilisa ko ba amashekeli amashumi amabili, okwowesifazana ku be amashekeli a ishumi. **6** Uma e nenyanga ku ze ku be ko neminyaka e isihlanu, ukulinganisa kwako kwowesilisa ko ba amashekeli a isihlanu esiliva; ukulinganisa kwako kwowesifazana ko ba amashekeli amatatu esiliva. **7** Uma e neminyaka e ngamashumi a isitupa na ngapezulu; uma ku ngowesilisa, ukulinganisa kwako ko ba amashekeli a ishumi nesihlanu, okwowesifazana ku be amashekeli a ishumi. **8** Kodwa uma e mpofu kunokulinganisa kwako, a miswe pambi kwompristi, umpristi ka m linganisele; umpristi ka m linganisele ngokwamandhla ake owetembisayo.

9 Uma ku isilwane okwetulwa ngaso isetulo ku Jehova, zonke ezi njalo ezi nikelwa umuntu ku Jehova zo ba ngcwele. **10** Ka nga zi pambanisi, ka nga z'enananisi, esihle ngesibi, esibi ngesihle: uma enana

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nokwenana isilwane ngesilwane, sona, naso okwenanwa ngaso zo ba ngcwele. **11** Uma ku isilwane esingcolileyo, oku nge nakwetulwa ngaso isetulo ku Jehova, ka si mise isilwane pambi kwompristi; **12** umpristi ka si linganise, noma sihle noma sibi: so ba njengokulinganisa kwako, wena mpristi. **13** Kepa uma nempela e tanda ukusihlenga ka kwengezele okwesihlanu kwaso kuko ukulinganisa kwako.

14 Nxa umuntu e ngcwelisa indhlu yake i be ngcwele ku Jehova, umpristi ka yi linganise, noma inhle noma imbi: yo ma ngokulinganisa kwompristi. **15** Uma oyingcwelisileyo e tanda ukuhlenga indhlu yake, ka kwengezele kuyo okwesihlanu kwemali yokulinganisa kwako, yo ba eyake.

16 Uma umuntu e ngcwelisa inxenye yezwe lefa lake ku Jehova, ukulinganisa kwako ko ba njengokuhlwanyelwa kwalo: eli hlwanyelwa ngehoma lebarle a li linganiswe ngamashekeli amashumi a isihlanu esiliva. **17** Uma e ngcwelisa izwe lake ku suka emnyakeni wejubili, ka li me ngokulinganisa kwako. **18** Kepa uma e ngcwelisa izwe lake emva kwejubili, umpristi ka m linganisele imali ngeminyaka eseleyo ku ze ku fike umnyaka wejubili; ko ncishiswa ukulinganisa kwako. **19** Uma o ngcwelise izwe e tanda impela ukulihlenga ka kwengezele kuyo okwesihlanu kwemali yokulinganisa kwako, li qiniswe kuye. **20** Uma e nga tandi ukulihlenga izwe, noma e tengisile ngezwe komunye, a li sa yi kuhlengwa: **21** kepa izwe, ekupumeni kwalo ngejubili, lo ba ngcwele ku Jehova, njeng'elahlukaniselwa ngokulokotelwa; ifa lalo li ya kuba elompristi. **22** Uma e ngcwelisa ku Jehova izwe alitengileyo, eli nge silo izwe lefa lake; **23** umpristi ka bale kuye imali yokulinganisa kwako ku ze ku fike umnyaka wejubili: ka nike ukulinganisa kwako nga lolo suku ku be njengento engcwele ku Jehova. **24** Ngomnyaka wejubili izwe li ya kubuyela ku yena ela tengwa kuye, ngi sho kuye o ifa lezwe li ngelake. **25** Ukulinganisa konke kwako ko ba ngokweshekeli lendhlu engcwele: amagera amashumi amabili a ya kuba ishekeli.

26 Kepa izibulo lesilwane, elenziwa izibulo ku Jehova, a li nga ngcweliswa muntu; noma li inkomo, noma li imvu, li ngeli ka Jehova. **27** Uma ku ngelesilwane esingcolileyo, ka li hlenge ngokulinganisa kwako, a kwengezele kuko okwesihlanu kwako: uma li nga hlengwa, a ku tengiswe ngalo njengokulinganisa kwako.

28 Noko yonke into eyahlukaniselwa ngokulokotelwa, umuntu ayahlukaniselayo ngokuyilokotela ku Jehova, kuko konke a nako, noma ku bantu, noma ezilwaneni noma eyezwe lefa lake, a ku nga tengiswa ngayo, a i nga hlengwa; konke okwahlukaniselwa ngokulokotelwa ku ngcwelengcwele ku Jehova. **29** A ku na kuhlengwa umuntu owahlukaniselwa ngokulokotelwa, o ya kwahlukaniselwa ngokulokotelwa pakati kwabantu; u ya kubulawa nokubulawa.

30 Nokweshumi konke kwezwe, noma ku imbeu yezwe, noma ku izitelo zemiti, ku ngoku ka Jehova: ku ngcwele ku Jehova. **31** Uma umuntu e tanda ukuhlenga uto lokweshumi kwake, ka kwengezele kuko okwesihlanu kwako. **32** Nako konke okweshumi kwezinkomo nokwezimvu, konke oku dhlula pansi kwentonga, okweshumi ko ba ngcwele ku Jehova. **33** Ka nga qoki ukuba kuhle, nokuba kubi, ka nga kwenani ngokunye: uma e kwenana nokukwenana ngokunye, loko, na loko a kwenana ngako ko ba ngcwele; a ku nga hlengwa.

34 Le i yimiyalo, uJehova a yi yalela uMoses ngaba kwa Israeli entabeni iSinayi.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

EYOMUMO

(IZIBALO)

Ku balwa abantu bokulwa.

1 UJehova wa kuluma ku Moses ehlane la seSinayi etenteni lokuhlangana ngosuku lokuqala lwenyanga yesibili, ngomnyaka wesibili se be pumile ezweni la sEgipite, e ti, **2** Hlanganisani ubuningi benhlangano yonke yaba kwa Israeli, ngemindeni yabo, ngezindhlu za oyise, njengomumo wamagama, abesilisa bonke ngezinhloko zabo; **3** ni qale kwaba neminyaka e ngamashumi amabili ni ye kwaba nengapezulu, bonke aba kwa Israeli aba nga puma impi, wena noAron no ba bala ngamabandhla abo. **4** Ko ba kona kini indoda nga inye ezizweni zonke; ileyo i be inhloko yendhlu ka yise. **5** Lawa a ngamagama amadoda a ya kuma nani. Kwa Ruben: uElizure ka Shedeyure. **6** Kwa Simeon: uShelumiyeli ka Zurishadayi. **7** Kwa Juda: uNashon ka Aminadabe. **8** Kwa Isakare: uNetaneli ka Zuhare. **9** Kwa Zebulun: uEliyabe ka Helon. **10** Kwaba kwa Josefa: Kwa Efrayim: uElishama ka Amihudi. Kwa Manase: uGamaliyeli ka Pedazure. **11** Kwa Benjamin: uAbidan ka Gideoni. **12** Kwa Dan: uAhiyezere ka Amishadayi. **13** Kwa Asheri: uPagiyeli ka Okràn. **14** Kwa Gadi: uEliyasafu ka Dehuweli. **15** Kwa Nafetali: uAhira ka Enan. **16** Yilaba ababizwayo benhlangano, izikulu zezizwe za oyise; ba be izinhloko zezinkulungwane za kwa Israeli. **17** UMoses noAron ba tata lawa madoda a shiwo ngamagama: **18** ba buta inhlangano yonke ngosuku lokuqala lwenyanga yesibili; ba sho okoko babo ngemindeni yabo, ngezindhlu za oyise, njengomumo wamagama, ku qala kwaba neminyaka e ngamashumi amabili, ku ya kwaba nengapezulu, ngezinhloko zabo. **19** Njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses, wa ba bala ehlane la seSinayi.

20 Aba kwa Ruben izibulo li ka Israeli, izizukulwane zabo, ngemindeni yabo, ngezindhlu za oyise, njengomumo wamagama, ngezinhloko zabo, abesilisa bonke, ku qala kwaba neminyaka e ngamashumi amabili ku ya kwaba nengapezulu, bonke aba nga puma impi; **21** labo ababalwayo kubo abesizwe sa kwa Ruben ba be izinkulungwane ezi ngamashumi amane nesitupa namakulu a isihlanu.

22 Kwaba kwa Simeon, izizukulwane zabo, ngemindeni yabo, ngezindhlu za oyise, labo ababalwayo kubo, njengomumo wamagama, ngezinhloko zabo, abesilisa bonke ku qala kwaba neminyaka e ngamashumi amabili ku ya kwaba nengapezulu, bonke aba nga puma impi; **23** labo ababalwayo kubo abesizwe sa kwa Simeon, ba be izinkulungwane ezi ngamashumi a isihlanu nesishiyangalolunye, namakulu amatatu.

24 Kwaba kwa Gadi, izizukulwane zabo, ngemindeni yabo, ngezindhlu za oyise, njengomumo wamagama, ku qala kwaba neminyaka e ngamashumi amabili ku ya kwaba nengapezulu bonke aba nga puma impi; **25** labo ababalwayo kubo abesizwe sa kwa Gadi, ba be izinkulungwane ezi ngamashumi amane nesihlanu, namakulu a isitupa namashumi a isihlanu.

26 Kwaba kwa Juda, izizukulwane zabo, ngemindeni yabo, ngezindhlu za oyise, njengomumo wamagama, ku qala kwaba neminyaka e ngamashumi amabili ku ya kwaba nengapezulu, bonke aba nga puma impi; **27** labo ababalwayo kubo abesizwe sa kwa Juda, ba be izinkulungwane ezi ngamashumi a isikombisa nane, namakulu a isitupa.

28 Kwaba kwa Isakare, izizukulwane zabo, ngemindeni yabo, ngezindhlu za oyise, njengomumo wama-

Digitized by Google Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

gama, ku qala kwaba neminyaka e ngamashumi amabili ku ya kwaba nengapezulu, bonke aba nga puma impi; **29** labo ababalwayo kubo abesizwe sa kwa Isakare, ba be izinkulungwane ezi ngamashumi a isihlanu nane namakulu amane.

30 Kwaba kwa Zebulun, izizukulwane zabo, ngemindeni yabo, ngezindhlu za oyise, njengomumo wamagama, ku qala kwaba neminyaka e ngamashumi amabili ku ya kwaba nengapezulu, bonke aba nga puma impi; **31** labo ababalwayo kubo abesizwe sa kwa Zebulun ba be izinkulungwane ezi ngamashumi a isihlanu nesikombisa namakulu amane.

32 Kwaba kwa Josefa, oku ukuti kwaba kwa Efrayim, izizukulwane zabo, ngemindeni yabo, ngezindhlu za oyise, njengomumo wamagama, ku qala kwaba neminyaka e ngamashumi amabili ku ya kwaba nengapezulu, bonke aba nga puma impi; **33** labo ababalwayo kubo abesizwe sa kwa Efrayim, ba be izinkulungwane ezi ngamashumi amane namakulu a isihlanu.

34 Kwaba kwa Manase, izizukulwane zabo, ngemindeni yabo, ngezindhlu za oyise, njengomumo wamagama, ku qala kwaba neminyaka e ngamashumi amabili ku ya kwaba nengapezulu, bonke aba nga puma impi; **35** labo ababalwayo kubo abesizwe sa kwa Manase, ba be izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu nambili namakulu amabili.

36 Kwaba kwa Benjamin, izizukulwane zabo, ngemindeni yabo, ngezindhlu za oyise, njengomumo wamagama, ku qala kwaba neminyaka e ngamashumi amabili ku ya kwaba nengapezulu, bonke aba nga puma impi; **37** labo ababalwayo kubo abesizwe sa kwa Benjamin, ba be izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu nesihlanu namakulu amane.

38 Kwaba kwa Dan, izizukulwane zabo, ngemindeni yabo, ngezindhlu za oyise, njengomumo wamagama, ku qala kwaba neminyaka e ngamashumi amabili, ku ya kwaba nengapezulu, bonke aba nga puma impi; **39** labo ababalwayo kubo abesizwe sa kwa Dan, ba be izinkulungwane ezi ngamashumi a isitupa nambili namakulu a isikombisa.

40 Kwaba kwa Asheri, izizukulwane zabo, ngemindeni yabo, ngezindhlu za oyise, njengomumo wamagama, ku qala kwaba neminyaka e ngamashumi amabili ku ya kwaba nengapezulu, bonke aba nga puma impi; **41** labo ababalwayo kubo abesizwe sa kwa Asheri, ba be izinkulungwane ezi ngamashumi amane nanye namakulu a isihlanu.

42 Kwaba kwa Nafetali, izizukulwane zabo, ngemindeni yabo, ngezindhlu za oyise, njengomumo wamagama, ku qala kwaba neminyaka e ngamashumi amabili ku ya kwaba nengapezulu, bonke aba nga puma impi; **43** labo ababalwayo kubo abesizwe sa kwa Nafetali, ba be izinkulungwane ezi ngamashumi a isihlanu nantatu namakulu amane.

44 Laba yilabo ababalwayo, uMoses noAron abababalayo, nezikulu za kwa Israeli, zi amadoda a ishumi nambili: ileso sa mela indhlu ka yise. **45** Bonke labo ababalwayo kwaba kwa Israeli, ngezindhlu za oyise, ku qala kwaba neminyaka e ngamashumi amabili ku ya kwaba nengapezulu, bonke aba nga puma impi kwa Israeli; **46** bonke ababalwayo ba be izinkulungwane ezi ngamakulu a isitupa nezinkulungwane ezintatu namakulu a isihlanu namashumi a isihlanu.

47 Kodwa abaLevi, ngesizwe sa oyise, a ba balwanga pakati kwabo. **48** Ngoba uJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, **49** Kupela isizwe sa kwa Levi, u nga si bali, u nga hlanganisi ubuningi baso pakati kwaba kwa Israeli; **50** kepa misa abaLevi ukubheka itabanekele lesifakazo, nempahla yonke yalo, nezinto zonke zalo: ba ya kutwala itabanekele nayo yonke impahla yalo; ba ya kukonza kulo, ba ya kumisa amatente ba haqe itabanekele. **51** Ekusukeni kwetabanekele abaLevi ba ya kuliwisa;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umumo wabantu izizwe ngezizwe, nokungenisa kwabo.

ekumisweni kwetabanekele li ya kumiswa abaLevi: owezizwe osondelayo u ya kubulawa. 52 Aba kwa Israeli ba ya kumisa amatente abo, ku be ilowo ekamu la kubo, ku be ilowo ngesibonakaliso sa kubo ngezimpi zabo. 53 Kodwa abaLevi ba ya kumisa ba haqe itabanekele lesifakazo ukuba ku nga biko ulaka pezu kwenhlangano yaba kwa Israeli: abaLevi ba ya kulonda isilondolozelo setabanekele lesifakazo. 54 Aba kwa Israeli b'enze njalo: njengako konke uJehova a m yala ngako uMoses, b'enze njalo.

2 UJehova wa kuluma ku Moses na ku Aron, wa ti, 2 Aba kwa Israeli ba ya kumisa amatente abo ku be ilowo nga sesibonakalisweni sa kubo, emadukwini ezindhlu za oyise: ba ya kumisa malungana netente lokuhlangana be li haqa. 3 Labo aba misa nga sempumalanga, la ku puma ngakona ilanga ba ya kuba abesibonakaliso sekamu la kwa Juda ngezimpi zabo: isikulu saba kwa Juda si ya kuba uNashon ka Aminadabe. 4 Impi yake na labo ababalwayo kubo, ba be izinkulungwane ezi ngamashumi a isikombisa nane namakulu a isitupa. 5 Labo aba misa ecaleni kwake bo ba isizwe sa kwa Isakare: isikulu saba kwa Isakare si ya kuba uNetaneli ka Zuhare. 6 Impi yake, na labo ababalwayo kuyo, ba be izinkulungwane ezi ngamashumi a isihlanu nane namakulu amane. 7 Nesizwe sa kwa Zebulun: isikulu saba kwa Zebulun si ya kuba uEliyabe ka Helon. 8 Impi yake, na labo ababalwayo kuyo ba be izinkulungwane ezi ngamashumi a isihlanu nesikombisa namakulu amane. 9 Bonke ababalwayo bekamu la kwa Juda ba be izinkulungwane ezi ikulu nezinkulungwane ezi ngamashumi a isishiyangalombili nezinkulungwane ezi isitupa namakulu amane ngezimpi zabo. Laba ba ya kusuka kuqala.

10 Nga seningizimu ku ya kuba kona isibonakaliso sekamu la kwa Ruben ngezimpi zabo: isikulu saba kwa Ruben si ya kuba uElizure ka Shedeyure. 11 Impi yake na labo ababalwayo kuyo ba be izinkulungwane ezi ngamashumi amane nesitupa namakulu a isihlanu. 12 Labo aba misa ecaleni kwake bo ba isizwe sa kwa Simeon: isikulu saba kwa Simeon, si ya kuba uShelumiyeli ka Zurishadayi. 13 Impi yake na labo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi ngamashumi a isihlanu nesishiyangalolunye namakulu amatatu. 14 Nesizwe sa kwa Gadi: isikulu saba kwa Gadi si ya kuba uEliyasafu ka Rehuweli. 15 Impi yake na labo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi ngamashumi amane nesihlanu, namakulu a isitupa namashumi a isihlanu. 16 Bonke ababalwayo bekamu la kwa Ruben ba be izinkulungwane ezi ikulu nezinkulungwane ezi ngamashumi a isihlanu nanye, namakulu amane namashumi a isihlanu, ngezimpi zabo. Bona ba ya kusuka ba be abesibili.

17 Anduba ku suke itente lokuhlangana kanye nekamu labaLevi pakati kwamakamu: ba ya kusuka bonke, njengokumisa kwabo, ku be ilowo endaweni yake ngezibonakaliso za kubo.

18 Nga sentshonalanga ku ya kuba isibonakaliso sekamu la kwa Efrayim ngezimpi zabo: isikulu saba kwa Efrayim si ya kuba uElishama ka Amihudi. 19 Impi yake na labo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi ngamashumi amane namakulu a isihlanu. 20 Ecaleni kwake ko ba isizwe sa kwa Manase: isikulu saba kwa Manase si ya kuba uGamaliyeli ka Pedazure. 21 Impi yake na labo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu nambili namakulu amabili. 22 Nesizwe sa kwa Benjamin: isikulu saba kwa Benjamin si ya kuba uAbidan ka Gideoni. 23 Impi yake na labo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu nesihlanu namakulu amane. 24 Bonke ababalwayo bekamu la kwa Efrayim, ba be izinkulungwane ezi ikulu nezinkulungwane ezi isishiya-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

AbaLevi bahlukaniselwa indhlu engcwele.

ngalombili nekulu, ngezimpi zabo. Bona ba ya kusuka ba be abesitatu.

25 Nga senyakato ku ya kuba isibonakaliso sekamu la kwa Dan ngezimpi zabo: isikulu saba kwa Dan si ya kuba uAhiyezere ka Amishadayi. **26** Impi yake, na labo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi ngamashumi a isitupa nambili namakulu a isikombisa. **27** Labo aba misa ecaleni kwake ba ya kuba isizwe sa kwa Asheri: isikulu saba kwa Asheri si ya kuba uPagiyeli ka Okran. **28** Impi yake, na labo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi ngamashumi amane nanye namakulu a isihlanu. **29** Nesizwe sa kwa Nafetali: isikulu saba kwa Nafetali si ya kuba uAhira ka Enan. **30** Impi yake na labo ababalwayo kubo, ba be izinkulungwane ezi ngamashumi a isihlanu nantatu namakulu amane. **31** Bonke ababalwayo bekamu la kwa Dan ba be izinkulungwane ezi ikulu nezinkulungwane ezi ngamashumi a isihlanu nesikombisa namakulu a isitupa. Ba ya kusuka emuva ngezibonakaliso zabo.

32 Yilaba ababalwayo kwaba kwa Israeli ngezindhlu za oyise: bonke ababalwayo bamakamu, ngezimpi zabo, ba be izinkulungwane ezi ngamakulu a isitupa nezinkulungwane ezintatu namakulu a isihlanu namashumi a isihlanu. **33** Kodwa abaLevi a ba balwanga pakati kwaba kwa Israeli; njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses. **34** B'enze njalo aba kwa Israeli; njengako konke uJehova a m yala ngako uMoses, b'emisa nga sezibonakalisweni za kubo, ba suka kanjalo, kwa ba ilowo ngomndeni wa kubo njengezindhlu za oyise.

3 Nantu uzalo lu ka Aron noMoses ngosuku uJehova a kuluma ngalo noMoses e sentabeni iSinayi. **2** Lawa a ngamagama amadodana ka Aron: uNadabe izibulo, noAbihu, noElazare, noItamare. **3** Lawa a ngamagama amadodana ka Aron abapristi abagcotshwayo, a w'ahlukanisela ukukonza ebupristini. **4** UNadabe noAbihu ba fa pambi ku ka Jehova lapa ba nikela umlilo o nga fanele pambi ku ka Jehova, ehlane la seSinayi; ba be nge nabantwana; uElazare noItamare ba konza ebupristini pambi ku ka Aron uyise.

5 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, **6** Sondeza isizwe sa kwa Levi, u si mise pambi ku ka Aron umpristi, ukuba si m konze. **7** Bona ba ya kulonda isilondolozelo sake nesilondolozelo senhlangano yonke pambi kwetente lokuhlangana, ukusebenza umsebenzi wetabanekele. **8** Ba ya kugcina yonke impahla yetente lokuhlangana, nesilondolozelo saba kwa Israeli ukusebenza umsebenzi wetabanekele. **9** Wo m nika uAron namadodana ake abaLevi; u ya ba nikwa nokubanikwa yena ngenxa yaba kwa Israeli. **10** U ya kumisa uAron namadodana ake, bona ba ya kugcina ubupristi babo: owezizwe osondelayo wo bulawa.

11 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, **12** Mina, bheka ngi kipile abaLevi pakati kwaba kwa Israeli endaweni yamazibulo onke a vula isisu pakati kwaba kwa Israeli; abaLevi ba ya kuba abami: **13** ngoba onke amazibulo a ngawami; ngosuku enga shaya ngalo onke amazibulo ezweni la sEgipite nga zingcwelisela onke amazibulo kwa Israeli, awabantu nawezilwane; a za kuba awami, ngi ngu-Jehova.

14 UJehova wa kuluma ku Moses ehlane la seSinayi, wa ti, **15** Bala aba kwa Levi ngezindhlu za oyise, ngemindeni yabo: bonke abesilisa, ku qala kwaba nenyanga ubudala, ku ya kwaba ngapezulu u ya kubabala. **16** UMoses wa ba bala njengezwi li ka Jehova, njengokuyalwa kwake. **17** Laba ba be amadodana ka Levi ngamagama abo: uGershon, noKohati, noMerari. **18** Lawa a ngamagama amadodana ka Gershon, ngemindeni yawo: uLibeni noShimehi. **19** Namadodana ka Kohati ngemindeni yawo: uAmram, noIzhari, uHebron, noUziyeli. **20** Namadodana ka Merari ngemindeni yawo: uMali noMushi.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umumo nomsebenzi wabaLevi. Ukuhlengwa kwamazibulo.

Le i yimindeni ya kwa Levi, ngezindhlu za oyise.

21 Kwa Gershon, kwa ba umndeni wamaLibeni nomndeni wamaShimehi: le i yimindeni yamaGershon. **22** Labo ababalwayo kubo njengomumo wabesilisa bonke ku qala kwaba nenyanga ubudala ku ya kwaba ngapezulu, ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi isikombisa namakulu a isihlanu. **23** Imindeni yamaGershon i ya kumisa ngasemva kwetabanekele nga sentshonalanga. **24** Isikulu sendhlu ka yise wamaGershon si ya kuba uEliyasafu ka Layeli. **25** Isilondolozelo samadodana ka Gershon etenteni lokuhlangana ko ba itabanekele, neTente, nesimbozo salo, nesihonqa somnyango wetente lokuhlangana, **26** nezilengalenga zegceke nesihonqa somnyango wegceke, eli nga setabanekeleni na nga selatini inxa zonke, nezintambo zalo zawo wonke umsebenzi walo.

27 Kwa Kohati kwa ba umndeni wamaAmram nomndeni wamaIzhari nomndeni wamaHebron nomndeni wamaUziyeli: le i yimindeni yamaKohati. **28** Njengomumo wabesilisa bonke, ku qala kwaba nenyanga ubudala, ku ya kwaba ngapezulu ba be izinkulungwane ezi isishiyangalombili namakulu a isitupa aba londa isilondolozelo sendhlu engcwele. **29** Imindeni yamadodana ka Kohati i ya kumisa ecaleni kwetabanekele eli nga seningizimu. **30** Isikulu sendhlu ka yise wemindeni yamaKohati si ya kuba uElizafan ka Uziyeli. **31** Esabo isilondolozelo so ba umpongolo, netafula, noti lwesibani, namalati, nezimpahla zendhlu engcwele aba konza ngazo, nesihonqa, nako konke okwenkonzo yalo. **32** UElazare ka Aron umpristi u ya kuba isikulu sezikulu zabaLevi: ongamele labo aba londa isilondolozelo sendhlu engcwele.

33 Kwa Merari kwa ba umndeni wamaMali nomndeni wamaMushi: le i yimindeni ka Merari. **34** Labo ababalwayo kubo njengomumo wabesilisa bonke, ku qala kwaba nenyanga ubudala ku ya kwaba ngapezulu ba be izinkulungwane ezi isitupa namakulu amabili. **35** Isikulu sendhlu ka yise wemindeni ka Merari sa si uZuriyeli ka Abihayili: laba ba ya kumisa ecaleni kwetabanekele nga senyakato. **36** Isilondolozelo esi miselwa amadodana ka Merari so ba amapulangwe etabanekele, imishayo yalo, nezinsika zalo, nezisekelo zalo, nempahla yonke yalo, nako konke okokukonza kwalo, **37** nezinsika zegceke inxa zonke nezisekelo zazo, nezikonkwane zazo, nezintambo zazo.

38 Labo aba ya kumisa ngapambi kwetabanekele nga sempumalanga, ngapambi kwetente lokuhlangana lapa ilanga li puma ngakona, ko ba uMoses, noAron namadodana ake, be londa isilondolozelo sendhlu engcwele, be londela aba kwa Israeli; owezizwe osondelayo u ya kubulawa. **39** Bonke aba balwa ku baLevi, aba balwa uMoses noAron ngezwi li ka Jehova ngemindeni yabo, bonke abesilisa ku qala kwaba nenyanga ubudala, ku ya kwaba ngapezulu ba be izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nambili.

40 UJehova wa ti ku Moses, Bala onke amazibulo esilisa kwaba kwa Israeli u qale kwaba nenyanga ubudala u ye kwaba ngapezulu, u bale ubungako bamagama awo. **41** U ya kungitatela abaLevi (ngi nguJehova) endaweni yamazibulo onke kwaba kwa Israeli, nezinkomo zabaLevi endaweni yamazibulo onke ezinkomo zaba kwa Israeli. **42** UMoses wa balake onke amazibulo kwaba kwa Israeli, njengokuyalwa kwake nguJehova. **43** Onke amazibulo abesilisa njengomumo wamagama, ku qala kwaba nenyanga ubudala ku ya kwaba ngapezulu, labo ababalwayo kubo, ba be izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nambili namakulu amabili namashumi a isikombisa nantatu.

44 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, **45** Tata abaLevi endaweni yawo onke amazibulo kwaba kwa Israeli nezinkomo zabaLevi endaweni yezinkomo zabo; abaLevi ba ya kuba abami: ngi nguJehova. **46** Ukuba

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukuhlengwa kwamazibulo. Umsebenzi wamaKohati.

ku hlengwe labo aba ngamakulu amabili namashumi a isikombisa nantatu aba ngamazibulo aba kwa Israeli aba ogweje ngapezu kwomumo wabaLevi, **47** u ya kutata amashekeli a isihlanu ngomuntu njalo ngenhloko; u ya kuwatata ngokweshekeli lendhlu engcwele (ishekeli li ngamagera a ngamashumi amabili): **48** u ya kunika uAron namadodana ake imali oku hlengwa ngayo labo aba ogweje. **49** UMoses wa tata imali yokuhlenga ya labo aba be ogweje ngapezu kwa labo aba hlengwe ngabaLevi; **50** wa yi tata ku ,mazibulo a kwa Israeli imali, amashekeli a inkulungwane namakulu amatatu namashumi a isitupa nesihlanu, ngokweshekeli lendhlu engcwele: **51** uMoses wa nika uAron namadodana ake imali yokuhlenga, njengezwi li ka Jehova, njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses.

4 UJehova wa kuluma ku Moses na ku Aron, wa ti, **2** Hlanganisa ubuningi bamadodana ka Kohati pakati kwamadodana ka Levi, ngemindeni yawo, ngezindhlu za oyise. **3** U qale kwaba neminyaka e ngamashumi amatatu u ye kwaba nengapezulu u ze u fike kwaba neminyaka e ngamashumi a isihlanu, bonke abangenayo enkonzweni ukuba benze umsebenzi wetente lokuhlangana. **4** Yilo umsebenzi wamadodana ka Kohati etenteni lokuhlangana ezintweni ezingcwelengcwele: **5** ekusukeni kwekamu, ku ya kungena uAron namadodana ake, b'ehlise iveli lesihonqa, ba mboze umpongolo wesifakazo ngalo, **6** ba beke pezu kwawo isimbozo sezikumba zamahlengetwa, b'endhlale pezu kwaso indwangu eluhlaza cwe, ba fake izinti zawo. **7** Pezu kwetafula lezinkwa zokubhekwa ma b'endhlale indwangu eluhlaza, ba beke pezu kwayo izitsha, nezinkezo, nezinkamba, nezindebe zokutulula; isinkwa sa futi si bekwe pezu kwayo: **8** ba ya kwendhlala pezu kwazo indwangu ebomvu, ba yi mboze yona ngesimbozo sezikumba zamahlengetwa, ba fake izinti zalo. **9** Ba ya kutata indwangu eluhlaza ba mboze uti lwesibani lokukanyisa, nezibani zalo, nesizenze salo, nezitsha zensizi zalo, nezitsha zonke zalo zamafuta, aba konza ngazo kulo: **10** ba ya kulubeka nezimpahla zonke zalo esimbozweni sezikumba zamahlengetwa, ba ku fake otini. **11** Ngapezu kwelati legolide ba ya kwendhlala indwangu eluhlaza, ba yi mboze ngesimbozo sezikumba zamahlengetwa, ba fake izinti zalo: **12** ba ya kutabata zonke izimpahla zokukonza aba konza ngazo endhlini engcwele, ba zi fake endwangwini eluhlaza ba zi mboze ngesimbozo sezikumba zamahlengetwa, ba zi fake otini. **13** Ba ya kususa umlota elatini, b'endhlale indwangu ebubende pezu kwalo: **14** ba ya kubeka pezu kwayo zonke izimpahla zalo aba konza ngazo kulo, imicengezi yomlilo, nezingwegwe zenyama, namafosholo, nemikele, izimpahla zelati zonke; ba li mboze ngesimbozo sezikumba zamahlengetwa, ba fake izinti zalo. **15** Lapo uAron namadodana ake se be qedile ukumboza indhlu engcwele nempahla yonke yendhlu engcwele, ekusukeni kwekamu; emva kwa loko amadodana ka Kohati a ya kuza kulitwala: kodwa a yi kutinta indhlu engcwele funa a fe. Lezi zinto zi umtwalo wamadodana ka Kohati etenteni lokuhlangana. **16** Oku patiswa uElazare ka Aron umpristi, ku ya kuba amafuta okukanyisa, nempepo etapukayo, nomnikelo wempupu wa futi, namafuta okugcoba; u ya kupatiswa itabanekele lonke nako konke oku kulo, indhlu engcwele, nempahla yayo.

17 UJehova wa kuluma ku Moses na ku Aron, wa ti, **18** Ni nga si nqumi isizwe semindeni yamaKohati pakati kwabaLevi; **19** kodwa yenzani kanje kubo, ukuba ba pile, ba nga fi, lapo be sondela ezintweni ezingcwelengcwele: uAron namadodana ake ba ya kungena, ba ba mise ku be ilowo emsebenzini wake, na semtwalweni wake; **20** kepa a ba yi kungena ukubona indhlu engcwele na ngesikashana nje, funa ba fe.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umsebenzi wamaGershon, namaMerari. Abeminyaka yomsebenzi.

21 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, **22** Hlanganisa ubuningi bamadodana ka Gershon nawo, ngezindhlu za oyise, ngemindeni yawo; **23** u ya kubabala u qale kwaba neminyaka e ngamashumi amatatu u ye kwaba nengapezulu ku ze ku be kwaba neminyaka e ngamashumi a isihlanu; bonke abangenayo enkonzweni ukuba ba sebenze umsebenzi etenteni lokuhlangana. **24** Umsebenzi wemindeni yamaGershon yilo, ekusebenzeni nasekutwaleni: **25** ba ya kutwala izisitezo zetabanekele, netente lokuhlangana, isimbozo salo, nesimbozo sezikumba zamahlengetwa esi ngapezu kwalo, nesihonqa somnyango wetente lokuhlangana, **26** nezilengalenga zegceke, nesihonqa somnyango wesango legceke eli nga setabanekeleni na selatini inxa zonke, nezintambo zazo, nempahla yonke oku setshenzwa ngayo kuzo, nako konke okwenzelwa zona; ku ya kuba umsebenzi wabo. **27** Ku za kuya ngezwi li ka Aron namadodana ake, umsebenzi wonke wamadodana ama-Gershon emitwalweni yonke yawo, na semsebenzini wonke wawo: ni ya kuwapatisa isilondolozelo semitwalo yonke yawo. **28** Yiloke umsebenzi wemindeni yamadodana amaGershon etenteni lokuhlangana: esabo isilondolozelo si ya kuba pansi kwesandhla si ka Itamare ka Aron umpristi.

29 Amadodana ka Merari u ya kuwabala ngemindeni yawo, ngezindhlu za oyise; **30** u wa bale u qale kwaba neminyaka e ngamashumi amatatu u ye kwaba nengapezulu, ku ze ku be kwaba neminyaka e ngamashumi a isihlanu, bonke abangenayo enkonzweni ukuba ba sebenze umsebenzi wetente lokuhlangana. **31** Loku ku isilondolozelo somtwalo wabo, njengomsebenzi wabo wonke etenteni lokuhlangana: amapulangwe etabanekele, nemishayo yalo, nezinsika zalo, nezisekelo zalo, **32** nezinsika zegceke inxa zonke, nezisekelo zazo, nezikonkwane zazo, nezintambo zazo, kanye nempahla yonke yazo, nenkonzo yonke yazo: ni bale ngamagama impahla yesilondolozelo somtwalo wabo. **33** Yilo umsebenzi wemindeni yamadodana ka Merari, njengomsebenzi wawo wonke etenteni lokuhlangana, pansi kwesandhla si ka Itamare ka Aron umpristi.

34 UMoses noAron nezikulu zenhlangano ba bala amadodana ama-Kohati ngemindeni yawo, na ngezindhlu za oyise, **35** ku qala kwaba neminyaka e ngamashumi amatatu ku ya kwaba nengapezulu, ku ze ku be kwaba neminyaka e ngamashumi a isihlanu, bonke abangenayo enkonzweni ukuba ba sebenze etenteni lokuhlangana: **36** labo ababalwayo kubo ngemindeni yabo ba be izinkulungwane ezimbili namakulu a isikombisa, namashumi a isihlanu. **37** Laba ba ibo ababalwayo bemindeni yamaKohati, bonke abasebenzayo etenteni lokuhlangana, aba balwa uMoses noAron njengezwi li ka Jehova ngoMoses.

38 Labo ababalwayo ku madodana ka Gershon, imindeni yawo na ngezindhlu za oyise, **39** ku qala kwaba neminyaka e ngamashumi amatatu ku ya kwaba nengapezulu, ku ze ku be kwaba neminyaka e ngamashumi a isihlanu, bonke abangenayo enkonzweni ukuba ba sebenze etenteni lokuhlangana, **40** bona labo ababalwayo kubo ngemindeni yabo, ngezindhlu za oyise ba be izinkulungwane ezimbili namakulu a isitupa namashumi amatatu. **41** Laba ba ibo ababalwayo bemindeni yamadodana ka Gershon, bonke abasebenzayo etenteni lokuhlangana, aba balwa uMoses noAron njengezwi li ka Jehova.

42 Labo ababalwayo bemindeni yamadodana ka Merari, ngemindeni yabo, ngezindhlu za oyise, **43** ku qala kwaba neminyaka e ngamashumi amatatu ku ya kwaba nengapezulu, ku ze ku be kwaba neminyaka e ngamashumi a isihlanu, bonke abangenayo enkonzweni ukuba ba sebenze etenteni lokuhlangana, **44** bona labo ababalwayo kubo ngemindeni yabo, ba be izinkulungwane ezintatu na-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

makulu amabili. 45 Laba ba ibo ababalwayo bemindeni yamadodana ka Merari, aba balwa uMoses no-Aron njengezwi li ka Jehova ngo-Moses.

46 Bonke ababalwayo ku baLevi aba balwa uMoses noAron nezikulu za kwa Israeli ngemindeni yabo, ngezindhlu za oyise, 47 ku qala kwaba neminyaka e ngamashumi amatatu ku ya kwaba nengapezulu, ku ze ku be kwaba neminyaka e ngamashumi a isihlanu, bonke abangenayo ukusebenza imisebenzi ngemisebenzi nomsebenzi wokutwala etenteni lokuhlangana, 48 bona labo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi isishiyangalombili namakulu a isihlanu namashumi a isishiyangalombili. 49 Ba balwa nguMoses njengezwi li ka Jehova, bonke njengomsebenzi wabo, na njengomtwalo wabo: ba balwa uye njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses.

5 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 2 Yala aba kwa Israeli ukuba ba kipe ekamu bonke aba nocoko nabo bonke aba cucuzayo naba ngcoliswe abafileyo: 3 isilisa nesifazana ni ya kubakipa ni ba kipele ngapandhle kwekamu; ukuze ba nga ngcolisi ikamu labo, engi hlala pakati kwalo. 4 Aba kwa Israeli b'enze njalo, ba ba kipela ngapandhle kwekamu; njengokukuluma ku ka Jehova ku Moses b'enze njalo aba kwa Israeli.

5 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 6 Kuluma kwaba kwa Israeli, u ti, Uma indoda noma owesifazana enza isono esenziwa abantu ukupambuka ku Jehova, lowo muntu a be necala; 7 ma ka vume isono sake asenzileyo: a buyisele ngenxa yecala lake, ku pelele, engeze kuko okwesihlanu, a ku nike lowo a be tole icala kuye. 8 Kodwa uma lowo muntu e nge naye o zalana naye, oku nga buyiselwa kuye ngenxa yecala, oku buyiselwa ngenxa yecala ku Jehova ku ya kuba okwompristi; ngapandhle kwenqama yokuhlaulela a hlaulelwe ngayo. 9 Neminikelo yonke yokupakanyiswa yokungcwele konke kwaba kwa Israeli, abayiletayo ku mpristi i ya kuba eyake. 10 Izinto ezingcwelisiweyo zabantu bonke zi ya kuba ezake: konke umuntu a m nika kona umpristi ku ya kuba okwake.

11 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 12 Kuluma kwaba kwa Israeli, u ti kubo, Uma umfazi womuntu e cezuka enza isipambuko kuye, 13 a lale nenye indoda, ku siteke emehlweni omyeni wake, ku be imfihlo, a ngcoliswe, ku nga biko ufakazi ngaye, e nga banjwanga kuko; 14 ku fike umoya wesikwele kuye, a be nesikwele ngomkake e ngcolisiwe; noma ku fika umoya wesikwele kuye a be nesikwele ngomkake e nga ngcolisiwe: 15 ko ti ke indoda i lete umkayo ku mpristi, i m letele isetulo sake, okweshumi kweefa lempupu yebarle; a nga teli amafuta kuyo a nga faki na nhlaka kuyo; ngokuba ku umnikelo wempupu wesikwele, umnikelo wempupu wesikumbuzo sokukumbuza ngobubi.

16 Ko ti umpristi a m sondeze a m mise pambi ku ka Jehova: 17 umpristi a tate amanzi angcwele ngesitsha sebumba; a tate notuli olu pansi etabanekeleni umpristi, a lu tele emanzini. 18 Umpristi a mise owesifazana ngapambi ku ka Jehova, a tukulule izinwele zekanda lowesifazana, a nikeze umnikelo wempupu wesikumbuzo ezandhleni zake, o ngumnikelo wempupu wesikwele: umpristi a pate esandhleni sake amanzi ababayo a senzayo isiqalekiso. 19 Umpristi u ya kumfungisa, a ti kowesifazana, Uma i ngeko indoda e lale nawe, uma u nga cezukelanga ekungcoleni, u pansi kwayo indoda yako, ma u kululeke emanzini lawa ababayo asenzayo isiqalekiso. 20 Kodwa uma u cezukile, u pansi kwendoda yako, uma u ngcolisiwe, ya lala nawe enye indoda ngapandhle kwendoda yako: 21 umpristi a be se fungisa owesifazana ngesifungo sokubina, umpristi a ti kowesifazana, uJehova a kwenze u be isibino nesifungo pakati kwaba kini, nxa uJehova

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukuhlolwa kwecala lokupinga. Umteto wamaNaziri.

e shwabanisa itanga lako, e vuvukalisa isisu sako; **22** lawa manzi asenzayo isiqalekiso a ya kungena emibilinini yako, a vuvukalise isisu sako, a shwabanise itanga lako. Owesifazana u ya kuti, Amen, Amen.

23 Umpristi u ya kubhala lezi ziqalekiso encwadini, a z'esule ngamanzi ababayo: **24** a m puzise owesifazana amanzi ababayo asenzayo isiqalekiso; amanzi asenzayo isiqalekiso a ya kungena kuye a babe. **25** Ko ti umpristi a tate umnikelo wempupu wesikwele esandhleni sowesifazana a zulise umnikelo wempupu pambi ku ka Jehova, a wu lete elatini: **26** umpristi a capune ngoweshe emnikelweni wempupu, ku be isikumbuzo sawo a tunqise ngako elatini, andubake a puzise owesifazana amanzi. **27** Lapo e se m puzisile amanzi, ku ya kuti uma e ngcolisiwe, wa s'enza isipambuko endodeni yake, amanzi asenzayo isiqalekiso a ya kungena kuye a babe, isisu sake si vuvuke netanga lake li shwabane: owesifazana u ya kuba isibino pakati kwaba kubo. **28** Uma owesifazana e nga ngcolisiwe, e hlambululekile, u ya kukululeka a kulelwe inzalo.

29 Lo u ngumteto wesikwele, lapo umfazi e pansi kwendoda yake e cezuka a ngcoliswe; **30** na lapo umoya wesikwele u fika endodeni i be nesikwele ngomkayo; i ya kumisa owesifazana pambi ku ka Jehova, umpristi a feze kuye wonke lo mteto. **31** Ko ti indoda i kululeke ecaleni, lowo wesifazana a twale icala lake.

6 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, **2** Kuluma kwaba kwa Israeli, u ti kubo, Uma indoda noma owesifazana e tembisa ngesitembiso esitile, isitembiso somNaziri, ukuba a z'ahlukanisele ku Jehova, **3** wo z'ahlukanisa newayini, nopuzo olu namandhla; a nga puzi uviniga wewayini, noviniga wopuzo olu namandhla, a nga puzi uju lwamavini, a nga dhli amavini amasha nawomileyo. **4** Zonke izinsuku zokuzahlukanisela kwake, a ka yi kudhla luto olwenziwe ngomvini noma izinhlamvu noma amakasi.

5 Izinsuku zonke zesitembiso sake sokuzahlukanisela, insingo a i yi kuza ekanda lake: ku ze ku pelele lezo zinsuku zokuzahlukanisela kwake ku Jehova, u ya kuba ngcwele; a yeke isihlutu sezinwele zekanda lake si depe.

6 Izinsuku zonke zokuzahlukanisela kwake ku Jehova a ka nga sondeli esidunjini sofileyo. **7** A nga zingcolisi ngoyise, na ngonina, na ngomfo wabo, na ngodade wabo ekufeni kwabo; ngokuba ukuzahlukanisela kwake ku Nkulunkulu ku pezu kwekanda lake. **8** Izinsuku zonke zokuzahlukanisela kwake u ngcwele ku Jehova.

9 Uma umuntu e poboleka eduze naye, ikanda lake lokuzahlukanisela kwake li ngcoliswe; u ya kupucula ikanda lake ngomhla wokuhlanjululwa kwake, ngosuku lwesikombisa u ya kulipucula. **10** Ngosuku lwesishiyangalombili u ya kuleta amahobe amabili noma amapupu amabili amajuba ku mpristi, emnyango wetente lokuhlangana: **11** umpristi wo nikela elinye li be umnikelo wokwona, nelinye li be umnikelo oshiswayo, a m hlaulele, ngoba w'ona ngofileyo, a ngcwelise ikanda lake nga lolo suku. **12** U ya kwahlukanisela ku Jehova izinsuku zokuzahlukanisela kwake, a lete imvana yenduna e nomnyaka munye i be umnikelo wecala: kodwa izinsuku zokuqala zi ya kubuntsha; ngokuba ukuzahlukanisela kwake ku ngcolisiwe.

13 Lo u ngumteto womNaziri lapo izinsuku zokuzahlukanisela kwake se zi pelele: u ya kuletwa emnyango wetente lokuhlangana: **14** u ya kwetula isetulo sake ku Jehova, imvana inye yenduna, e nomnyaka munye e nge na sici, i be umnikelo oshiswayo, nexukazana linye eli nomnyaka munye, eli nge na sici li be umnikelo wokwona, nenqama inye e nge na sici i be eyeminikelo yokutula, **15** neqoma lesinkwa esi nge na mvubelo, amaqebelengwana empupu ecolekileyo, e xovwe namafuta, nemiqatane e nge na mvubelo e gcotshwe ngamafuta, nomnikelo wempupu wa loko, nemi-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nikelo yokupuzwa. 16 Umpristi u ya kuyileta pambi ku ka Jehova, a nikele umnikelo wake wokwona nomnikelo wake oshiswayo: 17 a nikele inqama i be umhlatshelo weminikelo yokutula ku Jehova, kanye neqoma lesinkwa esi nge na mvubelo: futi umpristi u ya kunikela umnikelo wempupu wayo nomnikelo wokupuzwa wayo. 18 UmNaziri u ya kupucula ikanda lake lokuzahlukanisela kwake emnyango wetente lokuhlangana, a tate izinwele zekanda lake lokuzahlukanisela kwake, a zi fake emlilweni o ngapansi kwomhlatshelo weminikelo yokutula. 19 Umpristi u ya kutata umkono opekiweyo wenqama, neqebelengwana eli nge na mvubelo, li be linye eqomeni, nomqatane u be munye o nge na mvubelo, a ku beke ezandhleni zomNaziri, e se puculile ikanda lokuzahlukanisela kwake; 20 umpristi u ya kukuzulisa, ku be umnikelo wokuzuliswa pambi ku ka Jehova; loku ku ngcwele ku mpristi, kanye nesifuba sokuzuliswa, nomlenze wokupakanyiswa: emva kwa loko umNaziri a nga puza iwayini.

21 Lo u ngumteto womNaziri otembisayo nowesetulo sake ku Jehova sokuzahlukanisela kwake, ngapandhle kwa loko a nga finyelela kuko: njengesitembiso sake asitembisayo a k'enze njalo njengomteto wokuzahlukanisela kwake.

22 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 23 Kuluma ku Aron na ku madodana ake, u ti, Ni ya kubusisa aba kwa Israeli kanje: ni ya kuti kubo,

24 UJehova a ku busise, a ku gcine:

25 UJehova a ka kanyise ubuso bake pezu kwako, a be nomusa kuwe:

26 UJehova a ka ku pakamisele ubuso bake, a ku pe ukutula.

27 Ba ya kulibeka kanjalo igama lami pezu kwaba kwa Israeli; ngi ya kubabusisa.

7 Kwa ti ngosuku uMoses a qeda ngalo ukumisa itabanekele, e se li gcobile wa li ngcwelisa, nempahla yonke yalo kanye nelati nezimpahla zonke zalo, e se zi gcobile wa zi ngcwelisa; 2 izikulu za kwa Israeli, izinhloko zezindhlu za oyise, za nikela. Lezi za zi izikulu zezizwe, yilezi eza zi miswe pezu kwabo ababalwayo: 3 za leta isetulo sazo ngapambi ku ka Jehova, izinqola ezi isitupa ezi mboziwe, nezinkabi ezi ishumi nambili; ilezo zikulu ezimbili za zi nenqola inye, ileso si nenkabi: za z'etula pambi kwetabanekele. 4 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 5 Zi tate kuzo, ukuba kwenziwe ngazo umsebenzi wetente lokuhlangana; u zi nike abaLevi ku be ilowo njengomsebenzi wake. 6 UMoses wa tata izinqola nezinkabi wa zi nika abaLevi. 7 Izinqola ezimbili nezinkabi ezine, wa zi nika amadodana ka Gershon, njengomsebenzi wawo: 8 izinqola ezine nezinkabi ezi isishiyangalombili wa zi nika amadodana ka Merari njengomsebenzi wawo, ngapansi kwesandhla si ka Itamare ka Aron umpristi. 9 Kepa amadodana ka Kohati ka wa nikanga luto, ngokuba umsebenzi wendhlu engcwele wa u ngowawo; a yi twala emahlombe awo. 10 Izikulu za nikelela ukwahlukaniselwa kwelati, mhla li gcotshwayo, izikulu z'etula isetulo sazo pambi kwelati. 11 UJehova wa ti ku Moses, A b'etule isetulo sabo, ku be ileso sikulu ngosuku lwaso, sokwahlukanisela ilati.

12 Ow'etula isetulo sake ngosuku lokuqala nguNashon ka Aminadabe wesizwe sa kwa Juda: 13 isetulo sake sa si uqwembe lunye lwesiliva, ukusinda kwalo ku amashekeli a ikulu namashumi amatatu, nokamba lunye lwesiliva olu amashekeli a ngamashumi a isikombisa, ngokweshekeli lendhlu engcwele; kokubili kwa ku gcwele impupu ecolekileyo e xovwe namafuta ku be umnikelo wempupu; 14 ukezo lunye lwegolide, olu amashekeli a ishumi, lu gcwele impepo; 15 iduna linye, itole lenkomo, inqama inye, nemvana yenduna inye e nomnyaka munye, ku be umnikelo oshiswayo; 16 nenduna inye yezimbuzi, i be umnikelo wokwona; 17 ngo-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukunikela kwezikulu.

mhlatshelo weminikelo yokutula, izinkomo ezimbili, nezinqama ezi isihlanu, nezimpongo ezi isihlanu, nezimvana zezinduna ezi isihlanu ezi nomnyaka munye: loku kwa ku isetulo si ka Nashon ka Aminadabe.

18 Ngosuku lwesibili kw'etula uNetaneli ka Zuhare, isikulu sa kwa Isakare: **19** W'etula isetulo sake uqwembe lunye lwesiliva, ukusinda kwalo ku amashekeli a ikulu namashumi amatatu, nokamba lunye lwesiliva olu amashekeli a ngamashumi a isikombisa ngokweshekeli lendhlu engcwele; kokubili kwa ku gcwele impupu ecolekileyo e xovwe namafuta ku be umnikelo wempupu; **20** ukezo lunye lwegolide olu amashekeli a ishumi, lu gcwele impepo; **21** iduna linye, itole lenkomo, inqama inye, nemvana yenduna inye e nomnyaka munye, ku be umnikelo oshiswayo; **22** nenduna inye yezimbuzi i be umnikelo wokwona; **23** ngomhlatshelo weminikelo yokutula, izinkomo ezimbili, nezinqama ezi isihlanu, nezimpongo ezi isihlanu, nezimvana zezinduna ezi isihlanu ezi nomnyaka munye: loku kwa ku isetulo si ka Netaneli ka Zuhare.

24 Ngosuku lwesitatu uEliyabe ka Helon, isikulu saba kwa Zebulun: **25** isetulo sake sa si uqwembe lunye lwesiliva, ukusinda kwalo ku amashekeli a ikulu namashumi amatatu, nokamba lunye lwesiliva olu amashekeli a ngamashumi a isikombisa, ngokweshekeli lendhlu engcwele; kokubili kwa ku gcwele impupu ecolekileyo e xovwe namafuta ku be umnikelo wempupu; **26** ukezo lunye lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gcwele impepo; **27** iduna linye, itole lenkomo, inqama inye, nemvana yenduna inye e nomnyaka munye, ku be umnikelo oshiswayo; **28** nenduna inye yezimbuzi i be umnikelo wokwona; **29** ngomhlatshelo weminikelo yokutula, izinkomo ezimbili nezinqama ezi isihlanu, nezimpongo ezi isihlanu nezimvana zezinduna ezi isihlanu ezi nomnyaka munye: loku kwa ku isetulo si ka Eliyabe ka Helon.

30 Ngosuku lwesine uElizure ka Shedeyure, isikulu saba kwa Ruben: **31** isetulo sake sa si uqwembe lunye lwesiliva, ukusinda kwalo ku amashekeli a ikulu namashumi amatatu, nokamba lunye lwesiliva olu amashekeli a ngamashumi a isikombisa, ngokweshekeli lendhlu engcwele; kokubili kwa ku gcwele impupu ecolekileyo, e xovwe namafuta ku be umnikelo wempupu; **32** ukezo lunye lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gcwele impepo; **33** iduna linye, itole lenkomo, inqama inye, nemvana yenduna inye e nomnyaka munye, ku be umnikelo oshiswayo: **34** nenduna inye yezimbuzi i be umnikelo wokwona; **35** ngomhlatshelo weminikelo yokutula, izinkomo ezimbili, nezinqama ezi isihlanu, nezimpongo ezi isihlanu, nezimvana zezinduna ezi isihlanu ezi nomnyaka munye: loku kwa ku isetulo si ka Elizure ka Shedeyure.

36 Ngosuku lwesihlanu uShelumiyeli ka Zurishadayi, isikulu saba kwa Simeon: **37** isetulo sake sa si uqwembe lunye lwesiliva, ukusinda kwalo ku amashekeli a ikulu namashumi amatatu, nokamba lunye lwesiliva olu amashekeli a ngamashumi a isikombisa, ngokweshekeli lendhlu engcwele; kokubili kwa ku gcwele impupu ecolekileyo e xovwe namafuta ku be umnikelo wempupu; **38** ukezo lunye lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gcwele impepo; **39** iduna linye, itole lenkomo, inqama inye, nemvana yenduna inye e nomnyaka munye, ku be umnikelo oshiswayo; **40** nenduna inye yezimbuzi i be umnikelo wokwona; **41** ngomhlatshelo weminikelo yokutula, izinkomo ezimbili, nezinqama ezi isihlanu, nezimpongo ezi isihlanu, nezimvana zezinduna ezi isihlanu ezi nomnyaka munye: loku kwa ku isetulo si ka Shelumiyeli ka Zurishadayi.

42 Ngosuku lwesitupa uEliyasafu ka Dehuweli, isikulu saba kwa Gadi: **43** isetulo sake sa si uqwembe lunye lwesiliva, ukusinda kwalo ku amashekeli a ikulu namashumi amatatu,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nokamba lunye lwesiliva olu amashekeli a ngamashumi a isikombisa, ngokweshekeli lendhlu engcwele; kokubili kwa ku gcwele impupu ecolekileyo e xovwe namafuta ku be umnikelo wempupu; **44** ukezo lunye lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gcwele impepo; **45** iduna linye, itole lenkomo, inqama inye, nemvana yenduna inye e nomnyaka munye, ku be umnikelo oshiswayo; **46** nenduna inye yezimbuzi i be umnikelo wokwona; **47** ngomhlatshelo weminikelo yokutula izinkomo ezimbili, nezinqama ezi isihlanu, nezimpongo ezi isihlanu, nezimvana zezinduna ezi isihlanu ezi nomnyaka munye: loku kwa ku isetulo si ka Eliyasafu ka Dehuweli.

48 Ngosuku lwesikombisa uElishama ka Amihudi, isikulu saba kwa Efrayim: **49** isetulo sake sa si uqwembe lunye lwesiliva, ukusinda kwalo ku amashekeli a ikulu namashumi amatatu, nokamba lunye lwesiliva olu amashekeli a ngamashumi a isikombisa, ngokweshekeli lendhlu engcwele; kokubili kwa ku gcwele impupu ecolekileyo e xovwe namafuta ku be umnikelo wempupu; **50** ukezo lunye lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gcwele impepo; **51** iduna linye, itole lenkomo, inqama inye, nemvana yenduna inye e nomnyaka munye, ku be umnikelo oshiswayo; **52** nenduna inye yezimbuzi i be umnikelo wokwona; **53** ngomhlatshelo weminikelo yokutula, izinkomo ezimbili, nezinqama ezi isihlanu, nezimpongo ezi isihlanu, nezimvana zezinduna ezi isihlanu ezi nomnyaka munye: loku kwa ku isetulo si ka Elishama ka Amihudi.

54 Ngosuku lwesishiyangalombili uGamaliyeli ka Pedazure, isikulu saba kwa Manase: **55** isetulo sake sa si uqwembe lunye lwesiliva, ukusinda kwalo ku amashekeli a ikulu namashumi amatatu, nokamba lunye lwesiliva olu amashekeli a ngamashumi a isikombisa, ngokweshekeli lendhlu engcwele; kokubili kwa ku gcwele impupu ecolekileyo e xovwe namafuta, ku be umnikelo wempupu; **56** ukezo lunye lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gcwele impepo; **57** iduna linye, itole lenkomo, inqama inye, nemvana yenduna inye e nomnyaka munye, ku be umnikelo oshiswayo; **58** nenduna inye yezimbuzi i be umnikelo wokwona; **59** ngomhlatshelo weminikelo yokutula, izinkomo ezimbili, nezinqama ezi isihlanu, nezimpongo ezi isihlanu, nezimvana zezinduna ezi isihlanu ezi nomnyaka munye: loku kwa ku isetulo si ka Gamaliyeli ka Pedazure.

60 Ngosuku lwesishiyangalolunye uAbidan ka Gideoni, isikulu saba kwa Benjamin: **61** isetulo sake sa si uqwembe lunye lwesiliva, ukusinda kwalo ku amashekeli a ikulu namashumi amatatu, nokamba lunye lwesiliva olu amashekeli a ngamashumi a isikombisa, ngokweshekeli lendhlu engcwele; kokubili kwa ku gcwele impupu ecolekileyo e xovwe namafuta ku be umnikelo wempupu; **62** ukezo lunye lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gcwele impepo; **63** iduna linye, itole lenkomo, inqama inye, nemvana yenduna inye e nomnyaka munye, ku be umnikelo oshiswayo; **64** nenduna inye yezimbuzi i be umnikelo wokwona; **65** ngomhlatshelo weminikelo yokutula, izinkomo ezimbili, nezinqama ezi isihlanu, nezimpongo ezi isihlanu, nezimvana zezinduna ezi isihlanu ezi nomnyaka munye: loku kwa ku isetulo si ka Abidan ka Gideoni.

66 Ngosuku lweshumi uAhiyezeri ka Amishadayi, isikulu saba kwa Dan: **67** isetulo sake sa si uqwembe lunye lwesiliva, ukusinda kwalo ku amashekeli a ikulu namashumi amatatu, nokamba lunye lwesiliva olu amashekeli a ngamashumi a isikombisa, ngokweshekeli lendhlu engcwele; kokubili kwa ku gcwele impupu ecolekileyo e xovwe namafuta ku be umnikelo wempupu; **68** ukezo lunye lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gcwele impepo; **69** iduna linye, itole lenkomo, inqama inye, nemvana yenduna inye e nomnyaka munye, ku be umnikelo oshiswayo; **70** nenduna inye ye-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukunikela kwezikulu.

zimbuzi i be umnikelo wokwona; **71** ngomhlatshelo weminikelo yokutula, izinkomo ezimbili, nezinqama ezi isihlanu, nezimpongo ezi isihlanu, nezimvana zezinduna ezi isihlanu ezi nomnyaka munye: loku kwa ku isetulo si ka Ahiyezeri ka Amishadayi.

72 Ngosuku lweshumi nanye uPagiyeli ka Okran, isikulu saba kwa Asheri: **73** isetulo sake sa si uqwembe lunye lwesiliva, ukusinda kwalo ku amashekeli a ikulu namashumi amatatu, nokamba lunye lwesiliva olu amashekeli a ngamashumi a isikombisa, ngokweshekeli lendhlu engcwele; kokubili kwa ku gcwele impupu ecolekileyo e xovwe namafuta, ku be umnikelo wempupu; **74** ukezo lunye lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gcwele impepo; **75** iduna linye, itole lenkomo, inqama inye, nemvana yenduna inye e nomnyaka munye, ku be umnikelo oshiswayo; **76** nenduna inye yezimbuzi i be umnikelo wokwona; **77** ngomhlatshelo weminikelo yokutula, izinkomo ezimbili, nezinqama ezi isihlanu, nezimpongo ezi isihlanu, nezimvana zezinduna ezi isihlanu ezi nomnyaka munye: loku kwa ku isetulo si ka Pagiyeli ka Okran.

78 Ngosuku lweshumi nambili uAhira ka Enan, isikulu saba kwa Nafetali: **79** isetulo sake sa si uqwembe lunye lwesiliva, ukusinda kwalo ku amashekeli a ikulu namashumi amatatu, nokamba lunye lwesiliva olu amashekeli a ngamashumi a isikombisa, ngokweshekeli lendhlu engcwele; kokubili kwa ku gcwele impupu ecolekileyo e xovwe namafuta, ku be umnikelo wempupu; **80** ukezo lunye lwegolide olu amashekeli a ishumi lu gcwele impepo; **81** iduna linye, itole lenkomo, inqama inye, nemvana yenduna inye e nomnyaka munye, ku be umnikelo oshiswayo; **82** nenduna inye yezimbuzi i be umnikelo wokwona; **83** ngomhlatshelo weminikelo yokutula, izinkomo ezimbili, nezinqama ezi isihlanu, nezimpongo ezi isihlanu, nezimvana zezinduna ezi isihlanu ezi nomnyaka munye:

Izibani ezi isikombisa.

loku kwa ku isetulo si ka Ahira ka Enan.

84 Loku kwa ku ukwahlukaniselwa kwelati, mhla li gcotshwayo izikulu za kwa Israeli: izingqwembe zesiliva ezi ishumi nambili, nezinkamba ezi ishumi nambili zesiliva, nezinkezo ezi ishumi nambili zegolide; **85** ilolo qwembe ukusinda kwalo ku amashekeli a ikulu namashumi amatatu, ilolo kamba ukusinda kwalo ku amashumi a isikombisa; isiliva lonke lezitsha la li amashekeli a izinkulungwane ezimbili namakulu amane, ngokweshekeli lendhlu engcwele; **86** izinkezo zegolide ezi ishumi nambili zi gcwele impepo, ukusinda kwazo ku amashekeli a ishumi lu lunye, ngokweshekeli lendhlu engcwele; lonke igolide lezinkezo la li amashekeli a ikulu namashumi amabili; **87** zonke izinkomo zomnikelo oshiswayo za zi amaduna a ishumi nambili, izinqama za zi ishumi nambili, nezimvana zezinduna ezi nomnyaka munye za zi ishumi nambili, nomnikelo wazo wempupu; nezinduna zezimbuzi zomnikelo wokwona za zi ishumi nambili; **88** izinkomo zonke zomhlatshelo weminikelo yokutula za zi amaduna a ngamashumi amabili nane, izinqama za zi amashumi a isitupa, izimpongo za zi amashumi a isitupa, izimvana zezinduna ezi nomnyaka munye za zi amashumi a isitupa. Loku kwa ku ukwahlukaniselwa kwelati se li gcotshiwe.

89 Lapo uMoses e se ngena etenteni lokuhlangana ukukuluma naye, w'ezwa Izwi li kuluma naye li vela ngapezulu kwesihlalo somusa esa si pezu kwompongolo wesifakazo, li vela pakati kwamakerubi amabili: wa kuluma kuye.

8 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, **2** Kuluma ku Aron, u ti kuye, Ekwokeleni kwako izibani, izibani ezi isikombisa zi ya kukanyisa ngapambi kwoti lwezibani. **3** UAron w'enze njalo; wa z'okela izibani zalo ukuba zi kanyise pambi kwoti lwezibani, njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses. **4** Loku kwa ku uku-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukuhlanjululwa kwabaLevi. Umteto wepasika.

setshenzwa kwoti lwezibani, lwa lu igolide elikandiweyo; ku ze ku be sesinqeni salo na sezimbalini zalo, kwa ku okukandiweyo: njengombonelo uJehova a m bonisa wona uMoses, wa lwenze njalo uti lwezibani.

5 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, **6** Tata abaLevi kwaba kwa Israeli, u ba hlambulule. **7** U ya kwenza kanje kubo ukubahlambulula: u ba fafaze ngamanzi okupotula ba zipucule umzimba wonke wabo, ba hlanze izingubo zabo, ba zihlambulule. **8** Konake ma ba tate iduna, itole lenkomo, nomnikelo wempupu walo, impupu ecolekileyo e xovwe namafuta; nelinye iduna, itole lenkomo, wo li tata li be umnikelo wokwona. **9** U ya kuleta abaLevi pambi kwetente lokuhlangana: u bute inhlangano yonke yaba kwa Israeli: **10** u lete abaLevi pambi ku ka Jehova. Aba kwa Israeli ba beke izandhla zabo pezu kwabaLevi: **11** uAron u ya kunikela abaLevi pambi ku ka Jehova ba be umnikelo wokuzuliswa ngenxa yaba kwa Israeli, ukuba ku be okwabo ukusebenza umsebenzi ka Jehova. **12** AbaLevi ba ya kubeka izandhla zabo pezu kwezinhloko zamaduna: u nikele elinye li be umnikelo wokwona, nelinye li be umnikelo oshiswayo ku Jehova, ukuhlaulela abaLevi. **13** U ya kubamisa abaLevi pambi ku ka Aron na pambi kwamadodana ake, u ba nikele ba be umnikelo wokuzuliswa ku Jehova.

14 U ya kubahlukanisa kanjalo abaLevi pakati kwaba kwa Israeli; abaLevi ba be abami. **15** Andubake ku ngene abaLevi ba sebenze etenteni lokuhlangana: u ya kubahlambulula u ba nikele ba be umnikelo wokuzuliswa. **16** Ngokuba ba nikelwe nokunikelwa kimina pakati kwaba kwa Israeli; endaweni yako konke oku vula isisu, ngi sho amazibulo aba kwa Israeli bonke, ngi zitatele bona. **17** Ngoba amazibulo onke aba kwa Israeli a ngawami, awabantu nawezilwane: mhla ngi shaya amazibulo onke ezweni la sEgipite nga zingcwelisela wona. **18** Ngi tatile abaLevi endaweni yamazibulo onke aba kwa Israeli. **19** Ngi m nikile uAron namadodana ake abaLevi, ba be isipo pakati kwaba kwa Israeli, ukuba ba sebenze umsebenzi waba kwa Israeli, etenteni lokuhlangana, ba hlaulele aba kwa Israeli; ukuba ku nga biko isifo pakati kwaba kwa Israeli, lapo aba kwa Israeli be sondela endhlini engcwele.

20 UMoses noAron nenhlangano yonke yaba kwa Israeli, b'enze njalo ku baLevi: njengako konke uJehova a m yala ngako uMoses ngabaLevi, b'enze njalo aba kwa Israeli kubo. **21** AbaLevi ba zipotula, ba hlanza izingubo zabo: uAron wa ba nikela ba be umnikelo wokuzuliswa pambi ku ka Jehova; uAron wa ba hlaulela ukuba ba hlambululeke. **22** Kwa se ku ngena abaLevi ukuba ba sebenze umsebenzi wabo etenteni lokuhlangana, pambi ku ka Aron na pambi kwamadodana ake: njengaloko uJehova a be m yale ngako uMoses ngabaLevi, b'enze njalo kubo.

23 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, **24** Yiloku okwabaLevi: ku qala kwaba neminyaka e ngamashumi amabili nesihlanu, ku ya kwaba nengapezulu ba ya kungena enkonzweni ba sebenze etenteni lokuhlangana: **25** a se be neminyaka e ngamashumi a isihlanu ba ya kubuya enkonzweni yomsebenzi, ba nga be be sa sebenza, **26** kodwa ba ya kukonza kanye nabafo wabo etenteni lokuhlangana ukulonda isilondolozelo, ba nga be be sa sebenza. U ya kwenze njalo ku baLevi ngezabo izilondolozelo.

9 UJehova wa kuluma ku Moses ehlane la seSinayi, ngenyanga yokuqala yomnyaka wesibili se be pumile ezweni la sEgipite, wa ti, **2** Futi aba kwa Israeli a ba l'enze ipasika ngesikati salo esimisiweyo. **3** Ngosuku lweshumi nane lwa le nyanga, se li shona ilanga, ni ya kulenza ngesikati salo esimisiweyo: ni ya kulenza njengazo zonke izimiso zalo, na njengawo onke amasiko alo. **4** UMoses wa kulumake kwaba kwa Israeli ukuba ba l'enze ipasika. **5** Ba l'enza ipasika ngosuku lweshumi nane

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umteto wepasika. Ifu pezu kwetabanekele. Amacilongo.

lwenyanga yokuqala, se li shona ilanga, ehlane la seSinayi: njengako konke uJehova a m yala ngako uMoses, b'enze njalo aba kwa Israeli. **6** Kwa ku kona amadoda atile a be ngcolile ngenxa yesidumbu somuntu, a e nge l'enze ipasika nga lolo suku: eza pambi ku ka Moses na pambi ku ka Aron nga lolo suku: **7** a ti kuye lawo madoda, Si ngcoliswe isidumbu somuntu: si vinjelelwani ukuba si ng'etuli isetulo si ka Jehova ngesikati saso esimisiweyo, pakati kwaba kwa Israeli? **8** UMoses wa ti kubo, Yimanike, ngi zwe loko uJehova a za kuyala ngani.

9 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, **10** Kuluma kwaba kwa Israeli, u ti, Uma umuntu wa kini noma owezizukulwane zenu, e ngcolile ngenxa yesidumbu, noma e hambile e kude, noko u ya kulenza ipasika ku Jehova. **11** Ngenyanga yesibili ngosuku lweshumi nane se li shona ilanga ba ya kulenza; ba li dhle kanye nesinkwa esi nge na mvubelo nemifino ebabayo: **12** a ba yi kushiya luto lwalo ku ze ku se, ba nga pohlozi tambo lalo: ba ya kulenza njengesimiso sonke sepasika. **13** Kodwa umuntu ohlambululekileyo, e nga hambile, o yeka ukwenza ipasika, lowo muntu u ya kunqunywa kwaba kubo; ngokuba e nga s'etulanga isetulo si ka Jehova ngesikati saso esimisiweyo, lowo muntu u ya kutwala isono sake. **14** Uma owezizwe ete gozololo kini e tanda ukulenza ipasika ku Jehova; wo ti njengesimiso sepasika na njengesiko lalo enze njalo: ni ya kuba nesimiso sinye kowezizwe na kowokuzalwa womquba.

15 Ngosuku itabanekele ela miswa ngalo, ifu la sibekela itabanekele, elona tente lesifakazo; kusihlwa kwa ba kona pezu kwetabanekele kungati umlilo, kwa ze kwa sa. **16** Kwa ba njalo ngesikati sonke: ifu la li sibekela, nokungati umlilo ebusuku. **17** Kwa ku ti ku ng'enyuswa ifu pezu kweTente, aba kwa Israeli ba hambe: ku ti endaweni lapo ifu li fika li hlale kona, aba kwa Israeli ba ngenise kona lapo. **18** Ngezwi li ka Jehova aba kwa Israeli ba hamba, na ngezwi li ka Jehova ba ngenisa: nxa ifu li sa hlezi pezu kwetabanekele ba hlala be ngenisile. **19** Lapo ifu li hlala pezu kwetabanekele izinsuku eziningi, aba kwa Israeli ba londa isilondolozelo si ka Jehova, a ba hamba. **20** Ngesinye isikati ifu la li hlala izinsukwana pezu kwetabanekele; ku ti ke ngezwi li ka Jehova ba hlale be ngenisile, na ngezwi li ka Jehova ba hambe. **21** Ngesinye isikati ifu la li ba kona kusihlwa ku ze ku se; kwa ku ti nxa ifu se l'enyuswa kusasa ba hambe: noma li hlala emini na sebusuku, li nga ti l'enyuswa ifu, ba hambe. **22** Noma ku izinsuku ezimbili, noma inyanga, noma umnyaka, ifu li hlezi pezu kwetabanekele li kona njalo pezu kwalo, aba kwa Israeli ba hlala be ngenisile, a ba hamba; kodwa uma l'enyuswa ba hamba. **23** Ngezwi li ka Jehova ba ngenisa, na ngezwi li ka Jehova ba hamba: ba londa isilondolozelo si ka Jehova, ngezwi li ka Jehova ngo-Moses.

10 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, **2** Z'enzele amacilongo amabili esiliva; u w'enze ngokukandiweyo: a be awokubiza inhlangano nawokusuka kwamakamu. **3** Lapo be wa shaya, inhlangano yonke i ya kuhlangana kuwe emnyango wetente lokuhlangana. **4** Uma be shaya icilongo li be linye, ku ya kuhlangana kuwe izikulu, izinhloko zezinkulungwane za kwa Israeli. **5** Lapo ni hlaba umkosi amakamu a ngenisa nga sempumalanga a ya kusuka. **6** Lapo ni hlaba umkosi ngokwesibili, amakamu a ngenisa nga seningizimu a ya kusuka: ba ya kuhlaba umkosi ngokusuka kwabo. **7** Kodwa lapo ku butwa umbutano ni ya kushaya nje, ni nga hlabi umkosi. **8** Amadodana ka Aron abapristi a ya kushaya amacilongo; ku ya kuba isimiso kini, ku ze ku be nini, ezizukulwaneni zenu. **9** Lapo se ni hlasela ezweni la kini ukulwa noyimpi onibandezelayo ni ya kuhlaba umkosi nga-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

macilongo; ni ya kukunjulwa pambi ku ka Jehova uNkulunkulu wenu, ni sindiswe eziteni zenu. **10** Futi osukwini lokwenama kwenu, na semikosini yenu emisiweyo, na sekutwaseni kwezinyanga zenu, ni ya kushaya amacilongo pezu kweminikelo yenu eshiswayo na pezu kwemihlatshelo yeminikelo yenu yokutula; ku ya kuba isikumbuzo senu pambi ku ka Nkulunkulu wenu: ngi nguJehova uNkulunkulu wenu.

11 Kwa ti ngomnyaka wesibili, ngenyanga yesibili, ngosuku lwamashumi amabili lwenyanga, ifu l'enyuswa pezu kwetabanekele lesifakazo. **12** Aba kwa Israeli ba suka njengokuhamba kwabo ehlane la seSinayi; ifu la ya la hlala ehlane la seParan. **13** Ba qala ba suka njengezwi li ka Jehova ngoMoses. **14** Kuqala kwesuka isibonakaliso sekamu laba kwa Juda njengezimpi zabo: uNashon ka Aminadabe wa e pete impi ya kubo. **15** Owa e pete impi yesizwe saba kwa Isakare nguNetaneli ka Zuhare. **16** Owa e pete impi yesizwe saba kwa Zebulun nguEliyabe ka Helon.

17 Itabanekele la wiswa; amadodana ka Gershon namadodana ka Merari a twala itabanekele a suka. **18** Isibonakaliso sekamu la kwa Ruben s'esuka njengezimpi zabo: uElizure ka Shedeyure wa e pete impi ya kubo. **19** Owa e pete impi yesizwe saba kwa Simeon nguShelumiyeli ka Zurishadayi. **20** Owa e pete impi yesizwe saba kwa Gadi nguEliyasafu ka Dehuweli.

21 AmaKohati a suka e twele indhlu engewele: abanye ba misela itabanekele ukufika kwawo. **22** Isibonakaliso sekamu laba kwa Efrayim s'esuka njengezimpi zabo: uElishama ka Amihudi wa e pete impi ya kubo. **23** Owa e pete impi yesizwe saba kwa Manase nguGamaliyeli ka Pedazure. **24** Owa e pete impi yesizwe saba kwa Benjamin nguAbidan ka Gideoni.

25 Isibonakaliso sekamu laba kwa Dan, ela li elokuvikela ngasemva onke amakamu, s'esuka njengezimpi zabo: uAhiyezeri ka Amishasayi wa e pete impi ya kubo. **26** Owa e pete impi yesizwe saba kwa Asheri nguPagiyeli ka Okran. **27** Owa e pete impi yesizwe saba kwa Nafetali kwa ku uAhira ka Enan. **28** Kwa ku nje ukuhamba kwaba kwa Israeli njengezimpi zabo: b'esukake.

29 UMoses wa ti ku Hobabe ka Rehuweli umMidiyan, umkwe ka Moses, Si ya endaweni uJehova a ti ngayo, Ngi ya kuninika yona: woza u hambe nati, si ya kukwenzela okuhle; ngokuba uJehova u kulumile okuhle ngo-Israeli. **30** Wa ti kuye, A ngi z'ukuhamba; ngi za kuya ezweni la kiti, na sezihlotsheni zami. **31** Wa s'e ti, A ke u nga si shiyi; loku u y'azi ukuba si za kungenisa ehlane, u za kuba amehlo kitina. **32** Ku ya kuti uma u hamba nati, yebo ku ya kuti, okuhle uJehova a ya kukwenza kiti si kwenze na kuwena okunjalo.

33 Ba se b'esuka entabeni ka Jehova ba hamba ibanga lezinsuku ezintatu; umpongolo wesivumelwano si ka Jehova wa hamba pambi kwabo ibanga lezinsuku ezintatu, ukubafunela indawo yokupumula. **34** Ifu li ka Jehova la li pezu kwabo emini, ekusukeni kwabo ekamu.

35 Kwa ku ti ekusukeni kwompongolo uMoses a ti, Vuka, Jehova, zi hlakazwe izita zako; abakuzondayo ba baleke pambi kwako. **36** Ku ti ekupumuleni kwawo, a ti, Buyela, Jehova, ezinkulungwaneni zezinkulungwane za kwa Israeli.

11 Abantu ba be njengabakononayo, be kuluma okubi ezindhlebeni zi ka Jehova: e se ku zwa uJehova, ulaka lwake lwa vuta; wa vuta umlilo ka Jehova pakati kwabo, wa dhla emkaulweni wekamu. **2** Abantu ba kala ku Moses; uMoses wa tandaza ku Jehova, umlilo wa lota. **3** Igama la leyo ndawo la tiwa iTabera, ngokuba umlilo ka Jehova wa vuta pakati kwabo.

4 Ixubevange ela li pakati kwabo la fisa nokufisa: aba kwa Israeli ba buya ba kala futi, ba ti, Ubani o za kusipa inyama, si dhle na? **5** Si

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kumbula izinhlanzi, esa si zi dhla ngesihle Egipite; amaselwa, namakabe, namaliki, nesweli, neanyani: 6 kepa manje umpefumulo wetu se womile; a kuko luto olunye ngapandhle kwa leli mana, emehlweni etu. 7 Imana la li njengenhlamvu yekorianderi, intswebu yalo i intswebu yebedola. 8 Abantu ba hambahamba, be li buta, ba li sila ematsheni, ba li gqula ezigqulweni, ba li peka emakanzini, b'enza amaqebelengwana ngalo: ukuzwakala kwalo kwa ku njengokuzwakala kwesinkwana samafuta. 9 Ekulaleni kwamazolo pezu kwekamu ebusuku kwa kwehla nemana.

10 UMoses w'ezwa ukukala kwabantu ngemindeni yabo, ku ilowo muntu e semnyango wetente lake: ulaka lu ka Jehova lwa vuta kakulu; kwa ku kubi emehlweni ka Moses. 11 UMoses wa ti ku Jehova, U yi pateleni kabi inceku yako na? ku ngani ukuba ngi nga bi nasasasa kuwe, ukuba u beke umtwalo wabo bonke laba bantu pezu kwami na? 12 Nga ba kulelwa bonke laba bantu na? ba zalwe yimi ukuba u ti kimi, Ba gone esifubeni sako njengomondhli e gona umntwana oncelayo, ngi ba yise ezweni owa li fungela koyise na? 13 Ngi ya kutatapi inyama yokubapa bonke laba bantu na? ngoba ba ya kala kimi ba ti, Si pe inyama si dhle. 14 A ngi nako ukubatwala bonke laba bantu ngedwa, ngokuba ku ya ngi sinda. 15 Uma u ngi pata kanje, sal'u su ngi bulala, uma ngi nesasasa kuwe; ma ngi nga lu boni usizi lwami.

16 UJehova wa ti ku Moses, Butela kimi amadoda amashumi a isikombisa amalunga a kwa Israeli, ow'aziyo ukuba a ngamalunga abantu, nezinduna pezu kwabo; u wa lete etenteni lokuhlangana, ukuba eme kona nawe. 17 Ngi ya kwehla, ngi kulume nawe kona: ngi pungule uMoya o kuwe, ngi wu beke ku wona; a ya kutwala umtwalo wabantu kanye nawe, ukuba u nga w'etwali wedwa. 18 Yisho wena ku bantu ukuti, Zingcweliseleni ingomso, ni ya kudhla inyama; ngokuba ni kalile ezindhlebeni zi ka Jehova, ni ti, Ubani o za kusipa inyama si dhle? ngokuba kwa ku kuhle kitina Egipite: ngakoke uJehova u za kunipa inyama, ni dhle. 19 A ni yi kudhla usuku lu be lunye, nezinsuku ezimbili nezinsuku ezi isihlanu, nezinsuku ezi ishumi, nezinsuku ezi ngamashumi amabili, 20 ni za kudhla inyanga yonke, i ze i pume ngamakala enu, ni ze ni nengwe iyona; ngokuba ni lahlile uJehova o pakati kwenu, na kala pambi kwake na ti, Sa pumelani Egipite na? 21 UMoses wa ti, Abantu engi pakati kwabo, ba izinkulungwane ezi ngamakulu a isitupa aba hamba pansi; u te, Ngi za kubapa inyama, ba dhle inyanga yonke. 22 Ba za kuhlatshelwa izimvu nezinkomo ukuba zi b'anele na? kuko ba za kubutelwa izinhlanzi zonke zolwandhle ukuba zi b'anele na? 23 UJehova wa ti ku Moses, Isandhla si ka Jehova si finyeziwe na? u za kubonake, ukuba izwi lami li za kwenzeka kuwe, noma a li z'ukwenzeka.

24 UMoses wa puma, wa tshela abantu amazwi ka Jehova: wa buta amadoda a ngamashumi a isikombisa, amalunga abantu, wa w'emisa nga seTenteni inxa zonke. 25 UJehova w'ehla e sefwini, wa kuluma kuye, wa pungula uMoya owa u pezu kwake wa wu beka ku malunga a ngamashumi a isikombisa: kwa ti ekuhlaleni ku ka Moya pezu kwawo, a profeta, kepa a ka ku pindanga.

26 Kepa kwa sala amadoda amabili ekamu, igama lenye uEldade, negama lenye uMedade: uMoya wa hlala pezu kwawo; a be pakati kwa lawo alotshiweyo, kodwa e nga yanga eTenteni; nawo a profeta e sekamu. 27 Kwa gijima insizwa ya bika ku Moses ya ti, UEldade noMedade ba ya profeta be sekamu. 28 UJoshua ka Nun, isikonzi si ka Moses, owabaketiweyo bake, wa pendula wa ti, Nkosi yami, Moses, ba nqabele. 29 UMoses wa ti kuye, U nesikwele ngenxa yami na? sengati abantu bo-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nke ba ka Jehova ba nga ba abaprofeti, a ti uJehova a beke uMoya wake pezu kwabo. 30 UMoses wa buya wa ya ekamu, yena namalunga a kwa Israeli.

31 Kwa vuka umoya o vela ku Jehova, wa leta izigwaca zi vela elwandhle, wa zi wisela za ti citi nga sekamu, kungati ibanga losuku ngalapa, nebanga losuku ngalapa lwekamu, inxa zonke; zi lele zi izingalo ezimbili ukupakama kwazo pezu kwomhlaba. 32 Abantu b'esuka nga leyo mini yonke, na nga lobo busuku bonke, na ngemini elandelayo yonke, ba buta izigwaca: owa buta kancinyane wa buta amahoma a ishumi: ba z'enekela zona inxa zonke ekamu. 33 Kwa ti inyama i se semazinyweni abo, be nga ka yi hlafuni, ulaka lu ka Jehova lwa vuta nga ku bantu, uJehova wa ba shaya abantu ngesifo esikulu. 34 Igama la leyo ndawo la bizwa ngokuti iKibroti-hatava, ngokuba be mbela kona abantu abafisayo. 35 Abantu b'esuka eKibroti-hatava ba ya eHazeroti; ba hlala eHazeroti.

12 UMiriyam noAron ba kuluma ngoMoses ngenxa yowesifazana wa kwa Kushi a e m tabatile; ngokuba wa e tabatile owesifazana wa kwa Kushi. 2 Ba ti, Imbala uJehova u kulumile ngoMoses yedwa na? ka kulumile na ngati na? UJehova wa ku zwa. 3 Lo muntuke uMoses wa be e tobile kakulu kunabo bonke aba be sebusweni bomhlaba.

4 UJehova wa kuluma ngokuzuma ku Moses na ku Aron na ku Miriyam, wa ti, Pumani nina nobatatu ni ye etenteni lokuhlangana. Ba pumake bobatatu. 5 UJehova w'ehla e s'ensikeni yefu w'ema emnyango weTente wa biza uAron noMiriyam; ba puma bobabili. 6 Wa ti, Yizwanike amazwi ami. Uma ku kona umprofeti pakati kwenu, ngi ya kuzazisa kuye ngombono mina Jehova, ngi kulume naye ngepupo. 7 Inceku yami uMoses a ka njalo; u tembekile endhlini yami yonke: 8 ngi ya kukuluma naye obala, umlomo nomlomo, ku nga bi ngemfumbe; yena u ya kubona isimo si ka Jehova: po a n'esabanga ngani ukukuluma ngaye uMoses inceku yami?

9 Ulaka lu ka Jehova lwa vuta nga kubo; w'emukake. 10 Ifu la se li suka ngapezulu kweTente; nangoke uMiriyam e se nocoko e njengongqoqwane: uAron wa m buka uMiriyam, nango e nocoko. 11 UAron wa ti ku Moses, Au! nkosi yami, ma u nga beki isono pezu kwetu, loku si wulekile, na loku s'onile. 12 A ke a nga bi njengofileyo, o nyama yake se i dhlekile inxenye ekupumeni kwake esiswini si ka nina. 13 UMoses wa kala ku Jehova, e ti, O, Nkulunkulu a ke u m pilise. 14 UJehova wa ti ku Moses, Uma uyise e te wa m fela ubuso, u be nge be na nhloni izinsuku ezi isikombisa na? ka valelwe izinsuku ezi isikombisa ngapandhle kwekamu, ngasemva kwa loko a buye a ngeniswe. 15 UMiriyam wa valelwa izinsuku ezi isikombisa ngapandhle kwekamu: abantu a ba hambanga wa ze wa buyiswa uMiriyam.

16 Ngasemva kwa loko abantu b'esuka eHazeroti, ba ngenisa ehlane la seParan. 1 UJehova wa ku-
13 luma ku Moses, wa ti, 2 Tuma abantu ukuba ba hlole izwe la kwa Kanan engi ba nika lona aba kwa Israeli: u tume umuntu ngamunye ezizweni zonke za oyise ku be ilowo e isikulu kubo. 3 UMoses wa ba tuma njengezwi li ka Jehova, b'esuka ehlane la seParan: bonke be ngabantu aba izinhloko zaba kwa Israeli. 4 Yilawa amagama abo: Owesizwe sa kwa Ruben, uShamuwa ka Zakure. 5 Owesizwe sa kwa Simeon, uShafati ka Hori. 6 Owesizwe sa kwa Juda, uKalebi ka Jefune. 7 Owesizwe sa kwa Isakare, uIgali ka Josefa. 8 Owesizwe sa kwa Efrayim, uHosheya ka Nun. 9 Owesizwe sa kwa Benjamin, uPalti ka Rafu. 10 Owesizwe sa kwa Zebulun, uGadiyeli ka Sodi. 11 Owesizwe sa kwa Josefa, oku ukuti isizwe sa kwa Manase, uGadi ka Susi. 12 Owesizwe sa kwa Dan,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Imbiko yezinhloli. Abantu ba ya hlubuka.

uAmiyeli ka Gemali. 13 Owesizwe sa kwa Asheri, uSeture ka Mikayeli. 14 Owesizwe sa kwa Nafetali, uNabi ka Vofsi. 15 Owesizwe sa kwa Gadi, uGehuweli ka Maki. 16 Yilawa amagama amadoda uMoses a wa tuma ukuhlola izwe. UMoses wa m biza uHosheya ka Nun ngokuti uJoshua.

17 UMoses wa wa tumela ukuhlola izwe la kwa Kanan, wa ti kubo, Yenyukani ngalapa ni ye nga seNingizimu, n'enyukele ezintabeni: 18 ni bone izwe ukuba li njani; nabantu abakileyo kulo, ukuba ba namandhla noma ba butakataka, ukuba ba ingcozana, noma baningi; 19 nokuba izwe li njani ab'ake kulo, ukuba lihle libi yini; nokuba imizi abakileyo kuyo i njani, nokuba amakamu noma izinqaba; 20 nokuba izwe li njani, li vundile li mpofu yini, noma li nezinkuni a li nazo yini. Yimani isibindi ni buye nezitelo zezwe. Kwa se ku isikati sengqalabuto yamavini.

21 B'enyukake ba hlola izwe, ba qala ehlane la seZin ba ze ba fika eRehobe ekungeneni kwa seHamati. 22 B'enyuka nga seNingizimu, ba fika eHebron; lapo kwa ku kona uAhiman, noSheshayi, noTalmayi, aba kwa Anaki. (IHebron la l'akiwe iminyaka e isikombisa li nga k'akiwa iZoan Egipite.) 23 Ba fika esihlanjeni sa seEshkoli, ba nquma kona igatsha eli nesihleke si sinye samavini, ba li twala ngoti pakati kwababili; ba buya namaharanate namakiwane. 24 Leyo ndawo ya bizwa ngokuti isihlambo sa seEshkoli, ngenxa yesihleke aba kwa Israeli aba si nquma kona.

25 Ba buya ekuhloleni izwe ekupeleni kwezinsuku ezi ngamashumi amane. 26 Ba ya ba fika ku Moses na ku Aron na kuyo inhlangano yonke yaba kwa Israeli, ehlane la seParan eKadeshe; ba buyisela izwi kubo na kuyo inhlangano yonke, ba yi bonisa izitelo zezwe. 27 Ba m tatela ba ti, Sa fika ezweni owa u si tume kulo; impela li vame ubisi nezinyosi; nazi izitelo zalo. 28 Kepake abantu abakileyo ezweni ba namandhla, imizi i biyelwe, mikulu: futi sa bona kona aba kwa Anaki. 29 UAmaleki wake ezweni la seNingizimu: amaHiti, namaJebusi, namaAmori ake ezintabeni; amaKanan ake nga selwandhle a gudhle iJordan.

30 UKalebi wa tulisa abantu pambi ku ka Moses, wa ti, A s'enyuke konamanje si li dhle; ngokuba si namandhla okulinqoba. 31 Kodwa amadoda a b'enyuke naye a ti, A si namandhla ukwenyuka si gasele laba bantu; ngokuba ba namandhla kunati. 32 Ba veza kwaba kwa Israeli, umbiko omubi ngezwe aba be ye kulihlola be ti, Izwe esi dabule kulo ukuya kulihlola, li izwe eli dhla abakileyo kulo; abantu bonke esa ba bona kulo, ba ngabantu abajaheleyo. 33 Sa bona kona namaNefili, amadodana ka Anaki a vela ku maNefili: emehlweni etu sa ba njengezintete na semehlweni abo sa ba njalo.

14 Ya se i dazuluka inhlangano yonke ya mbongoza; abantu ba kala nga lobo busuku. 2 Bonke aba kwa Israeli ba konona ngoMoses na ngoAron: inhlangano yonke ya ti kubo, Sengati nga sa fela ezweni la sEgipite, noma nga sa fela ku leli hlane! 3 UJehova u si letelani ku leli zwe ukuba si wiswe ngenkemba? Abafazi betu nezingane zetu bo ba impango: a ku si lungele yini ukuba si buyele Egipite?

4 Ba ti omunye komunye, Ma si mise induna si buyele Egipite. 5 UMoses noAron ba se be ti mbo ngobuso pansi pambi kwombutano wonke wenhlangano yaba kwa Israeli. 6 UJoshua ka Nun, noKalebi ka Jefune, aba be kanye nabo aba hlola izwe, ba hxebula izingubo zabo: 7 ba ti kuyo yonke inhlangano yaba kwa Israeli, Izwe esa dabula kulo ukulihlola li izwe elihle kakulu impela. 8 Uma uJehova enama ngati, u ya kusingenisa ku leli zwe, a si nike lona; izwe eli vame ubisi nezinyosi. 9 Kodwa ma ni nga hlubuki ku Jehova, ni nga b'esabi abantu bezwe; ngokuba ba isinkwa setu: umtunzi wabo u mukile pezu kwabo, uJehova

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UMoses u ba tayizela abantu. Ba ya kufela ehlane.

u nati: ni nga b'esabi. **10** Kodwa inhlangano yonke ya ti ma ba kandwe ngamatshe. Ubucwazicwazi bu ka Jehova ba bonakala etenteni lokuhlangana kubo bonke aba kwa Israeli.

11 Wa ti uJehova ku Moses, Ko ze ku be nini laba bantu be ngi delela na? ko ze ku be nini be nga kolwa yimi ngenxa yezibonakaliso zonke engizenzileyo pakati kwabo na? **12** Ngi za kubashaya ngobadane lokufa, ngi b'apuce ifa, ngi kwenze u be isizwe esikulu esi namandhla kunabo.

13 Wa ti uMoses ku Jehova, Ba ya kuzwa aba sEgipite; ngokuba wa b'enyusa laba bantu ngamandhla ako pakati kwabo; **14** ba tshele abakileyo ku leli zwe. Se be zwile ukuba wena Jehova u pakati kwa laba bantu; ngokuba wena Jehova u ya bonwa ubuso nobuso, nefu lako li mi pezu kwabo, u hamba pambi kwabo ngensika yefu emini, ngensika yomlilo ebusuku. **15** Manje uma u bulala laba bantu njengomuntu munye, zi ya kukuluma izizwe ezi zwile udumo lwako, zi ti, **16** Ku ngokuba uJehova u be nge namandhla ukubangenisa laba bantu ezweni a li fungela kubo, ukuba u se ba bulele ehlane. **17** Kaloku, ma ku ti amandhla eNkosi a kule, njengokuba u kulumile, ukuti, **18** UJehova wepuza ukutukutela, u vame isihau, e tetelela amacala nokupambuka; o ngeke a sule icala; o wehlisela amacala a oyise pezu kwabantwana ku ze ku be isizukulwane sesitatu nesesine. **19** A ke u tetelele amacala a laba bantu, njengobukulu besihau sako, na njengaloku u ba tetelele laba bantu ku suka Egipite ku ze ku be manje.

20 Wa ti uJehova, Se ngi ba tetelele njengezwi lako: **21** kodwa impela, ngi zifunga mina, njengoba ubukosi bu ka Jehova bu ya kugcwalisa umhlaba wonke; **22** ngokuba onke lawo madoda a bone ubukosi bami, nezibonakaliso zami engizenzileyo Egipite, na sehlane, kepa naku a se ngi lingile kashumi, a ka lalelanga izwi lami; **23** impela a ka yi kulibona izwe enga li fungela koyise, nabo bonke abangidelelayo, a ba yi kulibona: **24** kodwa inceku yami uKalebi, ngokuba wa e nomunye umoya, wa ngi landela ngokupeleleyo, ngi ya kumngenisa yena ezweni a ya kulo; inzalo yake i ya kulaka. **25** Kepa amaAmaleki namaKanan akile esigodini: ngomso guqukani ni ye ehlane ngendhlela yoLwandhle oluBomvu.

26 UJehova wa kuluma ku Moses na ku Aron, wa ti, **27** Ko ze ku be nini ngi bekezele le nhlangano embi, ekononayo ngami na? Ngi zwile ukukonona kwaba kwa Israeli abakukononayo ngami. **28** Yisho kubo u ti, Ngi zifunga mina, u sho uJehova, impela ngi zo kwenza njengaloko enikukulumileyo ezindhlebeni zami: **29** zi za kuwa izidumbu zenu ku leli hlane; nabo bonke ababalwayo kini, njengomumo wonke wenu ku qala kwaba neminyaka e ngamashumi amabili ku ya kwaba nengapezulu, abakononayo ngami, **30** impela a ni yi kungena ezweni engi pakamisile isandhla ngokuti ngi zo nakisa kulo, kupela uKalebi ka Jefune noJoshua ka Nun. **31** Kodwa izingane zenu, eni te, zi ya kuba impango, ngi ya kuzingenisa zona, zi lazi izwe enalinqabayo. **32** Kepa nina, izidumbu zenu zi ya kuwa ku leli hlane. **33** Abantwana benu ba ya kuba uzulane ehlane iminyaka e ngamashumi amane, ba twale ubufebe benu, zi ze zi pele izidumbu zenu ehlane. **34** Njengomumo wezinsuku ena hlola ngazo izwe, izinsuku ezi ngamashumi amane, usuku lu umnyaka, no twala ububi benu, iminyaka e ngamashumi amane, n'azi ukunifulatela kwami. **35** Mina, Jehova, ngi kulumile, impela ngi zo kwenza loku kuyo yonke le nhlangano embi engihlanganyelayo; ba ya kupela ku leli hlane, ba fele kona.

36 Lawo madoda awatumayo uMoses ukuhlola izwe, a buya a kononisa yonke inhlangano ngaye, ngokuveza umbiko omubi ngezwe, **37** lawo madoda a veza umbiko omubi ngezwe, a fa ngesifo pambi ku ka Jehova. **38** Kodwa uJoshua ka Nun, no-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Abantu ba kupuka ba nqotshwa.

Kalebi ka Jefune aba be na lawo madoda a ya kuhlola izwe, ba sinda.

39 UMoses wa ba tshela lawa mazwi bonke aba kwa 'Israeli: abantu ba lila kakulu. **40** Ba vuka ekuseni nga kusasa b'enyukela esiqongweni sentaba, be ti, Bheka, si lapa si zo kwenyukela ku leyo ndawo, esa yi tenjiswa uJehova: ngoba s'onile. **41** Wa ti uMoses, Se n'eqelani izwi li ka Jehova na? loku a ku yi kuhlanhlazeleka. **42** Ni ng'enyuki, ngokuba uJehova a muko pakati kwenu; ukuze ni nga bulawa pambi kwezita zenu. **43** Ngoba amaAmaleki namaKanan a kona pambi kwenu, ni ya kuwiswa inkemba: njengokuba ni buyile ekumlandeleni uJehova, ngakoke a ka yi kuba nani uJehova. **44** Kodwa ba pikelela ukwenyuka, ba ye esiqongweni sentaba: noko umpongolo wesivumelwano si ka Jehova, noMoses, a u sukanga ekamu. **45** A s'ehla amaAmaleki namaKanan akile ku leyo ntaba, a ba cita, a ba didizelisa ba ze ba fika eHorma.

15 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, **2** Kuluma kwaba kwa Israeli, u ti kubo, Nxa se ni fikile ezweni eni ya kwaka kulo, engi ni nika lona, **3** n'enza umnikelo owenziwa ngomlilo ku Jehova, umnikelo oshiswayo, noma umhlatshelo, ukutembisa ngesitembiso esitile, noma umnikelo wesihle, noma ku semikosini yenu emisiweyo, ukwenza ulwasi olumnandi ku Jehova, owezinkomo, noma owezimvu; **4** a ku ti owetulayo isetulo sake, a nikele ku Jehova umnikelo wempupu, okweshumi kweefa lempupu ecolekileyo i xovwe nokwesine kwehini lamafuta: **5** newayini li be umnikelo wokupuzwa, okwesine kwehini, u ya kulilungisela nomnikelo oshiswayo, kumbe nomhlatshelo ku be okwemvana nga inye. **6** Uma ku inqama u ya kulungisa okweshumi okubili kweefa lempupu ecolekileyo i xovwe nokwesitatu kwehini lamafuta ku be umnikelo wempupu: **7** u ya kunikela newayini okwesitatu kwehini li be umnikelo wokupuzwa, li be ulwasi olumnandi ku Jehova. **8** La-

Iminikelo yempupu neyokupuzwa.

po u lungisa iduna li be umnikelo oshiswayo, kumbe umhlatshelo wokutembisa ngesitembiso esitile, noma iminikelo yokutula, ku Jehova; **9** wo nikela kanye neduna umnikelo wempupu u be okweshumi okutatu kweefa lempupu ecolekileyo i xovwe nenxenye yehini lamafuta: **10** u nikele newayini li be umnikelo wokupuzwa li be inxenye yehini, umnikelo owenziwa ngomlilo u be ulwasi olumnandi ku Jehova.

11 Ku ya kwenziwa njalo ngenkomo nga inye, noma ngenqama nga inye, noma ngezimvana zezinduna nga zinye, noma ngamacwane embuzi. **12** Njengomumo eni ya kuwulungisa, kunjalo ni ya kwenza ku leyo na leyo, njengomumo wazo. **13** Bonke abokuzalwa bomquba ba ya kwenza lezi zinto kanjalo, ukunikela umnikelo owenziwa ngomlilo, ulwasi olumnandi ku Jehova. **14** Uma owezizwe ete gozololo nani, noma ubani o pakati kwenu ezizukulwaneni zenu, e tanda ukwenza umnikelo owenziwa ngomlilo, ulwasi olumnandi ku Jehova; njengaloko enikwenzayo nina, wo kwenze njalo naye. **15** Isimiso sombutano so ba sinye kinina na kowezizwe ote gozololo nani, isimiso ku ze ku be nini ezizukulwaneni zenu: njengaloko eni yiko nina u za kuba njalo owezizwe pambi ku ka Jehova. **16** Umteto wo ba munye nesiko lo ba linye kinina na kowezizwe ote gozololo nani.

17 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, **18** Kuluma kwaba kwa Israeli, u ti kubo, Ekufikeni kwenu ezweni engi ni yisa kulo, **19** ko ti ekudhleni kwenu ukudhla kwezwe, ni nikele umnikelo wokupakanyiswa ku Jehova. **20** Ngezandulela zomqazulo wenu ni ya kunikela iqebelengwana li be umnikelo wokupakanyiswa: ni ya kuwupakamisa njengomnikelo wokupakanyiswa wesibuya. **21** Ngezandulela zomqazulo wenu ni ya kunikela ku Jehova umnikelo wokupakanyiswa ezizukulwaneni zenu.

22 Uma ni punduleka, ni ng'enzi yonke le miyalo ayikulumileyo uJe-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

hova ku Moses, 23 konke uJehova a ni yala ngako ngoMoses, ku suka ku lolo suku u Jehova a yala ngalo, ku ya pambili ezizukulwaneni zenu; 24 ko ti uma kwenziwa ngesiposiso, inhlangano i nga kwazi, inhlangano yonke i nikele iduna li be linye, itole lenkomo, li be umnikelo oshiswayo, li be ulwasi olumnandi ku Jehova, nomnikelo wempupu walo, nomnikelo wokupuzwa walo, njengesiko, nemongo i benye i be umnikelo wokwona. 25 Umpristi u ya kuhlaulela yonke inhlangano yaba kwa Israeli, ba tetelelwe; ngokuba be ku isiposiso, nabo ba letile isetulo sabo, umnikelo owenziwa ngomlilo ku Jehova, nomnikelo wabo wokwona pambi ku ka Jehova ngenxa yesiposiso sabo: 26 i ya kutetelelwa yonke inhlangano yaba kwa Israeli, kanye nowezizwe ote gozololo pakati kwabo; ngokuba ku bantu bonke kwenziwe ngesiposiso.

27 Uma umuntu e munye ona ngesiposiso, u ya kunikela ixukazana lezimbuzi eli nomnyaka munye li be umnikelo wokwona. 28 Umpristi u ya kumhlaulela umuntu oposisayo, nxa ona ngesiposiso, pambi ku ka Jehova, ukumhlaulela; u ya kutetelelwa. 29 No ba nomteto munye wa lowo owenza ngesiposiso noma ngowokuzalwa womquba pakati kwaba kwa Israeli, noma ngowezizwe ote gozololo pakati kwabo. 30 Kepa umuntu owenza into ngesandhla esipakemeyo, noma owokuzalwa womquba, noma owezizwe, lowo u ya m hlambalaza uJehova; lowo muntu u ya kunqunywa kwaba kubo. 31 Ngokuba u li delele izwi li ka Jehova, nomyalo wake u wu shafisile, u ya kunqunywa nokunqunywa lowo muntu; icala lake lo ba pezu kwake.

32 Kwa ti aba kwa Israeli be sehlane, ba fumana indoda i teza izinkuni ngosuku lwesabata. 33 Abayifumanayo i teza izinkuni ba yi yisa ku Moses na ku Aron, na kuyo yonke inhlangano. 34 Ba yi faka ekuboshweni, ngokuba la li nga ka veli elokuti, ku zo kwenziwani kuyo. 35 Wa ti uJehova ku Moses. I za kubulawa nokubulawa le ndoda: inhlangano yonke i ya kuyikanda ngamatshe ngapandhle kwekamu. 36 Yonke inhlangano ya s'i yi pumisela ngapandhle kwekamu, ya yi kanda ngamatshe ya ze ya fa; njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses.

37 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 38 Kuluma kwaba kwa Israeli u ba tshele ukuba ba z'enzele ubendhle empetweni wezingubo zabo, ezizukulwaneni zabo, nokuba ba beke ku bendhle wompeto intambo eluhlaza: 39 ku ya kuba ubendhle kini, ukuba ni m buke, ni kumbule yonke imiyalo ka Jehova, ni y'enze; ni nga landeli izinhliziyo zenu namehlo enu, eni be ni wa landela ni feba; 40 ukuba ni kumbule n'enze yonke imiyalo yami, ni be ngcwele ku Nkulunkulu wenu. 41 Ngi nguJehova uNkulunkulu wenu, owa ni kipa ezweni la sEgipite, ngi be uNkulunkulu wenu: ngi nguJehova uNkulunkulu wenu.

16 Kepa uKora ka Izhari ka Kohati, ka Levi, kanye noDatan noAbiram, ba ka Eliyabe, noOn ka Peleti, aba ka Ruben, ba tata amadoda: 2 ba sukuma pambi ku ka Moses kanye nabanye aba kwa Israeli, izikulu zenhlangano ezi ngamakulu amabili namashumi a isihlanu, ezibizelweyo embutanweni zi ngamadoda a namagama; 3 ba butana be melana noMoses noAron, ba ti kubo, Ni zitwele kakulu nina, loku inhlangano yonke i ngcwele, wonke u wonke, uJehova u pakati kwayo: yini po ukuba ni zipakamise pezu kwombutano ka Jehova na?

4 Lapo e se ku zwile loko uMoses, wa ti mbo ngobuso pansi: 5 wa kuluma ku Kora na kulo lonke ibandhla lake, wa ti, Kusasa uJehova u ya kwazisa ukuti umupi o ngowake, nokuti umupi o ngcwele, a m sondeze kuye: yena a ya kumketa wo m sondeza ku yena. 6 Yenzani loku: zitateleni izitsha zempepo; uKora lo, nebandhla lonke lake; 7 ni fake ku zona umlilo, ni beke nempepo kuzo pambi ku ka Jehova ngomuso: ko ti

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Isono sa oKora nokubulawa kwabo.

oketwayo nguJehova ku be uyena ongcwele: ni zitwele kakulu, nina madodana ka Levi. 8 Wa ti uMoses ku Kora, Yizwanike nina madodana ka Levi: 9 ku into encane kinina, ukuba uNkulunkulu ka Israeli u n'ahlukanisile enhlanganweni ka Israeli, ukuba a ni sondeze kuye, ni sebenze umsebenzi wetabanekele li ka Jehova, nokuba ni me pambi kwenhlangano ukuyikonza na? 10 nokuba wa ku sondeza, nabafo wenu bonke amadodana ka Levi kanye nawe na? ninake ni funa nobupristi futi na? 11 Ngakoke wena nebandhla lonke lako ni hlangene ukumelana noJehova: uAron, u ngubani ukuze ni konone ngaye na?

12 UMoses wa tuma ukuyobiza uDatan noAbiram, amadodana ka Eliyabe; ba ti, A si z'ukwenyuka: 13 ku into encane ukuba u s'enyusile ezweni eli vame ubisi nezinyosi, ukuba u si bulale ehlane, loku u s'u zenza nokuzenza inkosi pezu kwetu na? 14 Futi a u si letanga ezweni eli vame ubisi nezinyosi, a u si nikanga ifa lamasimu nezivini: u ya kubakipa amehlo laba bantu na? a si z'ukwenyuka.

15 UMoses wa tukutela kakulu, wa ti ku Jehova, U nga naki umnikelo wabo: a ngi tatanga na inye imbongolo kubo, a ngi limazanga na munye futi kubo. 16 UMoses wa ti ku Kora, Ngomuso wo ba pambi ku ka Jehova, wena, nebandhla lonke lako, wena, nabo, noAron: 17 ilowo a tate isitsha sake sempepo, a fake impepo kuso, ni lete pambi ku ka Jehova ku be ilowo isitsha sake sempepo, izitsha zempepo ezi ngamakulu amabili namashumi a isihlanu; nawe, noAron, ilowo isitsha sake sempepo. 18 Ba tata ilowo isitsha sake sempepo, ba faka kuzo umlilo, ba beka impepo kuzo, b'ema emnyango wetente lokuhlangana kanye noMoses noAron. 19 UKora wa yi butela yonke inhlangano emnyango wetente lokuhlangana, ukumelana nabo: ubucwazicwazi bu ka Jehova ba bonakala kuyo yonke inhlangano.

20 UJehova wa kuluma ku Moses na ku Aron, wa ti, 21 Z'ahlukaniseni ku le nhlangano, ukuze ngi ba qede ngokupazima kweso. 22 Ba se be ti mbo ngobuso pansi, ba ti, Au Nkulunkulu, uNkulunkulu wemimoya yenyama yonke, ku ya kwona umuntu munye, u tukutelele inhlangano yonke na? 23 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 24 Kuluma kuyo inhlangano, u ti, Yenyukani nga kulo itabanekele li ka Kora, noDatan, noAbiram.

25 UMoses w'esuka wa ya ku Datan na ku Abiram; amalunga a kwa Israeli a m landela. 26 Wa kuluma enhlanganweni wa ti, A ke ni suke ematenteni a laba bantu aba ngamashinga, ni nga tinti luto lwabo, funa ni qedwe ezonweni zonke zabo. 27 B'enyukake nga kulo itabanekele li ka Kora, noDatan, noAbiram, inxa zonke: ba se be puma oDatan noAbiram, b'ema nga semnyango wamatente abo, nabafazi babo namadodana abo, nezingane zabo. 28 UMoses wa ti, Ni za kwazi nga loku ukuba uJehova u ngi tumile ukuba ngenze yonke le misebenzi: ngokuba a ngi y'enzanga ngeyami inhliziyo. 29 Uma laba be fa njengokufa kwabantu bonke, uma behlelwa okwehlela abantu bonke; wo ba uJehova a ka ngi tumanga. 30 Kodwa uma uJehova enza into entsha, umhlaba u vula umlomo wawo, u ba gwinye, nako konke okwabo, ba shone bezwa eSheoli; konake ni ya kwazi ukuba laba bantu ba m delele uJehova.

31 Kwa ti e se qedile ukukuluma onke lawa mazwi, umhlabati o ngapansi kwabo wa dabuka; 32 umhlaba wa vula umlomo wawo, wa ba gwinya, nezindhlu zabo, nabo bonke abantu ba ka Kora, nempahla yonke yabo. 33 Ba shona bezwa eSheoli bona, nako konke okwabo: umhlaba wa ba gqiba: ba buba a ba ba biko pakati kwombutano. 34 Bonke aba kwa Israeli aba be nga kona ba balekiswa ukukala kwabo; ngokuba ba ti, Funa umhlaba u si gwinye nati. 35 Kwa vela umlilo u puma ku Je-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izitsha zempepo. Ukukonona kwenhlangano. Induku ka Aron.

hova, wa ba dhla aba be shisa impepo aba ngamakulu amabili namashumi a isihlanu.

36 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 37 Kuluma ku Elazare ka Aron umpristi, ukuba a zi tate izitsha zempepo ekusheni, nawe u wu hlakazele umlilo lapaya; ngokuba zi ngcwele, 38 zona izitsha zempepo za lezi zoni ez'one imipefumulo yazo; ma z'enziwe zi be izingcwegcwe ezikandiweyo zokuba ilati li fakwe zona: ngokuba ba zi nikela pambi ku ka Jehova, ngakoke zi ngcwele; zi ya kuba isibonakaliso kwaba kwa Israeli. 39 UElazare umpristi wa zi tata izitsha zempepo zetusi, eza zi nikelwe abashileyo; ba zi kanda zi be okwokufaka ilati, 40 ku be isikumbuzo kwaba kwa Israeli, ku ze ku nga biko owezizwe o nge siyo inzalo ka Aron, o sondela ukutunqisa ngempepo pambi ku ka Jehova; ukuze a nga bi njengoKora, na njengebandhla lake: njengokukuluma ku ka Jehova ku yena ngoMoses.

41 Kepa nga ngomuso yonke inhlangano yaba kwa Israeli ya konona ngoMoses na ngoAron, i ti, Ni bulele abantu ba ka Jehova. 42 Kwa ti, inhlangano se i butene ukumelana noMoses noAron, ba buka nga kulo itente lokuhlangana: nantoke, ifu li li mbozile, ubucwazicwazi bu ka Jehova bu bonakala. 43 UMoses noAron b'eza ngapambi kwetente lokuhlangana. 44 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 45 Sukani pakati kwa le nhlangano, ukuba ngi yi qede ngokupazima kweso. Ba se be ti mbo ngobuso pansi. 46 Wa ti uMoses ku Aron, Tabata isitsha sako sempepo u fake kuso umlilo o selatini, u beke impepo kuwo, u sheshe u yi yise kuyo inhlangano, u yi hlaulele: ngokuba lu pumile ulaka lu ka Jehova; isifo se si qalile. 47 UAron wa tata njengokukuluma ku ka Moses, wa gijimela pakati kwombutano; nasi isifo se si qalile ku bantu: wa faka impepo wa ba hlaulela abantu. 48 W'ema emkatini wabafileyo nabezwayo: sa se si nqamuka isifo. 49 Bona aba fa ngesifo ba be izinkulungwane ezi ishumi nane namakulu a isikombisa, ngapandhle kwa labo aba fa ngendaba ka Kora. 50 UAron wa buyela ku Moses emnyango wetente lokuhlangana: sa se si nqamuka isifo.

17 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 2 Kuluma kwaba kwa Israeli, u tate kubo izinduku nga inye endhlini ka yise, kuzo zonke izikulu zabo njengezindhlu za oyise, izinduku ezi ishumi nambili: u lobe ilowo muntu igama lake endukwini yake. 3 U lobe igama li ka Aron endukwini ka Levi; ngokuba ku ya kuba kona induku i benye ngenhloko yezindhlu za oyise nga inye. 4 U zi beke kulo itente lokuhlangana ngapambi kwesifakazo, lapo ngi hlangana nawe kona. 5 Ko ti, induku yomuntu engi ya kumketa, i hlume: ng'enze ukuba ku bohle kimi ukukonona kwaba kwa Israeli, aba ku konona ngani. 6 UMoses wa kuluma kwaba kwa Israeli; izikulu zonke zabo za m nika izinduku, ileso sikulu ya banye njengezindhlu za oyise, izinduku ezi ishumi nambili: induku ka Aron ya i pakati kwezinduku zabo. 7 UMoses wa zi beka izinduku etenteni lesifakazo pambi ku ka Jehova.

8 Kwa ti nga ngomuso uMoses wa ngena etenteni lesifakazo; nansi induku ka Aron yendhlu ka Levi i hlumile, i vezile imiqumbi, i qakazile imbali, i tela amayalemondi avutiweyo. 9 UMoses wa kipela kwaba kwa Israeli bonke izinduku zonke eza zi pambi ku ka Jehova: ba buka, kwa ba ilowo wa tata induku yake. 10 Wa ti Jehova ku Moses, Buyisela induku ka Aron ngapambi kwesifakazo, i gcinwe i be isibonakaliso ku bantwana bokuhlubuka; ukuba u qede ukukonona kwabo ngami ukuba ba nga fi. 11 UMoses w'enze njalo; njengokuyalwa kwake uJehova, w'enze njalo.

12 Aba kwa Israeli ba kuluma ku Moses, ba ti, Bheka, si ya fa, si ya

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umsebenzi wabapristi nabaLevi. Izabelo zabo.

shabalala, si shabalala sonke. 13 Bonke abasondelayo aba sondela etabanekeleni li ka Jehova ba ya fa: si za'uze si pele ukufa na?

18 UJehova wa ti ku Aron, Wena namadodana ako nendhlu ka yihlo kanye nawe, ni ya kutwala icala lendhlu engcwele, wena namadodana ako kanye nawe no twala icala lobupristi benu. 2 Nabafo wenu futi besizwe sa kwa Levi, isizwe si ka yihlo, ba sondeze kanye nawe, ukuba ba hlanganiswe nawe, ba ku konze: kodwa wena namadodana ako kanye nawe no ba ngapambi kwetente lesifakazo. 3 Ba za kulonda isilondolozelo sako, nesilondolozelo seTente lonke; kodwa a ba yi kusondela ezimpahleni zendhlu engcwele na selatini, ukuze ba nga fi, nabo nani. 4 Ba ya kuhlanganiswa nawe, ba londe isilondolozelo setente lokuhlangana, kuwo wonke umsebenzi weTente: owezizwe a ka yi kusondela kini. 5 Ni ya kulonda isilondolozelo sendhlu engcwele, nesilondolozelo selati: ukuze lu nga be lu sa ba kona ulaka pezu kwaba kwa Israeli. 6 Futi mina, bheka, ngi ba tatile abafo wenu abaLevi pakati kwaba kwa Israeli: ni ba piwe nina be nikelwe ku Jehova, ukusebenza umsebenzi wetente lokuhlangana. 7 Wenake namadodana ako kanye nawe ni ya kugcina ubupristi benu kuko konke okwelati, na loko oku ngapakati kweveli, ni konze; ngi ya ninika ubupristi bu inkonzo eniyipiweyo: owezizwe osondelayo u ya kubulawa.

8 UJehova wa kuluma ku Aron, wa ti, Bheka, mina ngi ku nikile isilondolozelo seminikelo yami yokupakanyiswa kuko konke okungcwelisiweyo kwaba kwa Israeli; ngi ku nike wena loku ku be isabelo sokugcotshwa, na ku madodana ako, ku be ummiselo ku ze ku be nini. 9 Loku ku ya kuba okwako ezintweni ezingcwelengcwele, ezi nga yisiwe emlilweni: sonke isetulo sabo, wonke umnikelo wabo wempupu, nawo wonke umnikelo wabo wokwona, nawo wonke umnikelo wabo wecala, aba ya kuwubuyisela kimina, loku ko ba ngcwelengcwele kuwe na ku madodana ako. 10 Wo ku dhla ku okungcwelengcwele; abesilisa bonke ba ya kukudhla: ko ba ngcwele kuwe. 11 Na loku ku ngokwako; umnikelo wokupakanyiswa wesipo sabo, iminikelo yonke yokuzuliswa yaba kwa Israeli: ngi ku nike yona, namadodana ako namadodakazi ako kanye nawe, ku be ummiselo ku ze ku be nini: bonke abahlambululekileyo endhlini yako ba ya kukudhla. 12 Konke okuhle kwamafuta, nako konke okuhle kwewayini, nokwamabele, izandulela zabo aba m nika zona uJehova, ngi ku nike zona. 13 Ulibo lwako konke oku sezweni labo, abaluletayo ku Jehova, lu ya kuba olwako; bonke abahlambululekileyo endhlini yako ba ya kuludhla. 14 Konke okwahlukaniselwa ngokulokotelwa kwa Israeli ko ba okwako. 15 Konke oku vula isisu kwenyama yonke abakunikelayo ku Jehova, noma umuntu noma isilwane, ko ba okwako; noko izibulo lomuntu u ya kulihlenga nokulihlenga, namazibulo ezilwane ezingcolileyo u ya kuwahlenga. 16 Oku ya kuhlengwa kuko ku suka koku nenyanga inye ubudala, u ya kukuhlenga njengokulinganisa kwako, ngemali yamashekeli a isihlanu, ngokweshekeli lendhlu engcwele, (eli ngamagera a ngamashumi amabili). 17 Kodwa izibulo lenkomo nezibulo lemvu nezibulo lembuzi, a u yi kuwahlenga; a ngcwele: u ya kufafaza ngegazi lawo pezu kwelati, u tunqise ngamanoni awo a be umnikelo owenziwa ngomlilo, ulwasi olumnandi ku Jehova. 18 Inyama yawo i be ngeyako, njengesifuba sokuzuliswa nomlenze wokunene, i ya kuba eyako. 19 Yonke iminikelo yokupakanyiswa yezinto ezingcwele abayinikelayo ku Jehova aba kwa Israeli, ngi ku nike yona, namadodana ako namadodakazi ako kanye nawe, ku be ummiselo ku ze ku be nini: ku isivumelwano si ka saoti ku wena na kuyo inzalo yako kanye nawe ngapambi ku ka Jehova ku ze ku be nini. 20 UJehova wa ti

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

AbaLevi ba nikwa okweshumi. Isitole esibomvu.

ku Aron, A u yi kuba nalo ifa ezweni labo, u nga bi na sabelo futi pakati kwabo: mina ngi isabelo sako nefa lako pakati kwaba kwa Israeli.

21 Bheka, ngi ba nike aba kwa Levi konke okweshumi kwa Israeli ku be ifa labo, ngomsebenzi wabo abawusebenzayo, umsebenzi wetente lokuhlangana. 22 Aba kwa Israeli ma ba nga be be sa sondela kulo itente lokuhlangana, funa ba tweswe isono, ba fe. 23 Kodwa abaLevi ba ya kusebenza umsebenzi wetente lokuhlangana, ba twale icala labo; ku be isimiso ku ze ku be nini ezizukulwaneni zenu; ka ba yi kuba nafa pakati kwaba kwa Israeli. 24 Ngoba okweshumi kwaba kwa Israeli, abakunikelayo ku be umnikelo wokupakanyiswa ku Jehova, ngi ku nike abaLevi ku be ifa labo: ngakoke ngi shilo kubo ukuti, A ba yi kuba nalo ifa pakati kwaba kwa Israeli.

25 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 26 Kuluma ku baLevi, u ti ku bona, Lapo ni tata kwaba kwa Israeli okweshumi engi ni nike kona, ku vele ku bona ku be ifa lenu, ni ya kunikela umnikelo wokupakanyiswa ngako ku Jehova, okweshumi kwokweshumi. 27 Umnikelo wenu wokupakanyiswa u ya kubalelwa nina, kungati amabele esibuya, nokugcwala kwesikamo sevini. 28 Kanjaloke ni ya kunikela umnikelo wokupakanyiswa ku Jehova kuko konke okweshumi kwenu, eni kwamkela kwaba kwa Israeli; ni ya kumnika uAron umpristi kuko umnikelo wokupakanyiswa ka Jehova. 29 Kuzo zonke izipo zenu ni ya kunikela iminikelo yonke yokupakanyiswa ka Jehova, no nikela okuhle konke kwako, okungcwele kuko. 30 Ngakoke u ya kuti ku bona, Lapo se ni ku pakamisa okuhle kuko, ko balelwa abaLevi ku be ukucuma kwesibuya, nokucuma kwesikamo sevini. 31 Ni ya kukudhla ezindaweni zonke, nina nabezindhlu zenu: ngokuba ku ngumvuzo wenu ngenkonzo yenu kulo itente lokuhlangana. 32 A ni yi kutweswa isono ngenxa yako, lapo se ni pakamisile okuhle kuko: ni nga dumazi izinto ezingcwele zaba kwa Israeli, ukuba ni nga fi.

19 UJehova wa kuluma ku Moses na ku Aron, wa ti, 2 Loku ku isimiso somteto awuyaleleyo uJehova, e ti, Kuluma kwaba kwa Israeli, ba lete kuwe isitole esibomvu esi nge na sici, neli ngeko icala kuso, esingalaziyo nakanye ijokwe. 3 Ni m nike sona uElazare umpristi, a si kipele ngapandhle kwekamu, si hlatshwe ngapambi kwobuso bake: 4 uElazare umpristi a tate igazi laso ngomunwe, a fafaze ngegazi laso kakombisa nga kulo itente lokuhlangana ngapambili. 5 Isitole si ya kushiswa emehlweni ake; isikumba saso, nenyama yaso, negazi laso, kanye nomswani waso, a ku shiswe. 6 Umpristi u ya kutata umuti womsedare, nehisope, nendwangu ebomvu, a ku ponse ngapakati kwa lapo ku sha kona isitole. 7 Umpristi u ya kuhlanza izingubo zake, a geze umzimba wake ngamanzi, anduba a ngene ekamu, umpristi a be u ngcolile ku ze ku hlwe. 8 Nosishisayo a hlanze izingubo zake ngamanzi, nomzimba wake a wu geze ngamanzi, a be u ngcolile ku ze ku hlwe. 9 Umuntu ohlambululekileyo u ya kubuta umlota wesitole, a wu beke ngapandhle kwekamu, endaweni ehlambululekileyo, u gcinelwe inhlangano yaba kwa Israeli u be owamanzi okucola; ku ngumnikelo wokwona. 10 Nowubutayo umlota wesitole u ya kuhlanza izingubo zake, a be u ngcolile ku ze ku hlwe: ko ba isimiso ku ze ku be nini kwaba kwa Israeli, na kuye owezizwe ote gozololo pakati kwabo.

11 O tinta isidumbu somuntu ofileyo u ya kuba u ngcolile izinsuku ezi isikombisa: 12 u ya kuzipotula ngawo ngosuku lwesitatu, ngosuku lwesikombisa a be u hlambululekile: kodwa uma e nga zipotuli ngosuku lwesitatu, a ka yi kuba u hlambululekile na ngosuku lwesikombisa. 13 O tinta isidumbu somuntu ofileyo, e nga zipotuli, u ngcolisa itabanekele li ka

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukufa ku ka Miriyam. Amanzi a seMeriba.

Jehova; lowo muntu u ya kunqunywa kwa Israeli: ngokuba amanzi okucola a ka fafazwanga pezu kwake, u ya kuba u ngcolile; ukungcola kwake ku se pezu kwake.

14 Yilo umteto lapo umuntu e fa etenteni: bonke abangenayo etenteni, nabo bonke aba kona etenteni ba ya kuba ba ngcolile izinsuku ezi isikombisa. 15 Nezitsha zonke ezivulèkileyo ezi nge nazo izivalo ezi boshwa kuzo, zi ngcolile. 16 Nomuntu o ti e sendhle a tinte o bulewe inkemba, mhlaumbe isidumbu, mhlaumbe itambo lomuntu, mhlaumbe ituna, u ya kuba u ngcolile izinsuku ezi isikombisa. 17 Ba ya kutatela umuntu ongcolileyo umlota wokusha kwomnikelo wokwona, amanzi agobhozayo a bekwe kuwo ngesitsha: 18 umuntu ohlambululekileyo a tate ihisope, a li gcoboze emanzini, a fafaze ngalo itente, nazo zonke izimpahla, nabantu aba be kona, naye o tinte itambo, noma obuleweyo, noma ofileyo, noma ituna: 19 ohlambululekileyo u ya kufafaza ongcolileyo ngosuku lwesitatu, na ngosuku lwesikombisa: ngosuku lwesikombisa u ya kumpotula; a hlanze izingubo zake, a zigeze ngamanzi, a be u hlambululekile kusihlwa.

20 Kodwa umuntu o be e ngcolile, e nga zipotuli, lowo muntu u ya kunqunywa pakati kwombutano, ngokuba u yi ngcolisilè indhlu engcwele ka Jehova: amanzi okucola a ka fafazwanga pezu kwake; u ngcolile. 21 Ko ba isimiso esimiyo ku bona: yena o fafaza amanzi okucola u ya kuhlanza izingubo zake; no tinta amanzi okucola, u ya kuba u ngcolile ku ze ku hlwe. 22 Nako konke oku tintwa ongcolileyo ko ngcola; nokutintayo loko u ya kuba u ngcolile ku ze ku hlwe.

20 Aba kwa Israeli, inhlangano yonke, ba fika ehlane la seZin ngenyanga yokuqala: abantu ba hlala eKadeshe; uMiriyam wa fela kona, wa mbelwa kona.

2 A e ngeko amanzi enhlanganweni: ya butana ukumelana noMoses noAron. 3 Abantu ba xabana noMoses, ba kuluma, ba ti, Sengati nga sa fa ekufeni kwabafo wetu pambi ku ka Jehova. 4 Ni wu leteleni umbutano ka Jehova ku leli hlane, ukuba si fe kona tina nezilwane zetu na? 5 Futi ni s'enyuseleni Egipite, ukusingenisa ku le ndawo embi na? a siyo indawo yokulima neyemikiwane, nemivini, nemiharanate; a wako futi amanzi okupuza. 6 UMoses noAron b'esuka pambi kwombutano ba ya emnyango wetente lokuhlangana, ba ti mbo ngobuso pansi: ubucwazicwazi bu ka Jehova ba bonakala kubo. 7 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 8 Yi tate induku, u bute inhlangano, wena noAron umfo wenu, ni kulume kulo idwala emehlweni abo, ukuba li veze amanzi alo; u ya kubavezelake amanzi edwaleni: u yi puzise inhlangano nezilwane zayo. 9 UMoses wa yi tatake induku pambi ku ka Jehova, njengokumyala kwake.

10 UMoses noAron ba butela umbutano ngapambi kwedwala, wa ti ku bona, Yizwani manje, nina bahlubuki; si ni vezele amanzi ku leli dwala na? 11 UMoses wa pakamisa isandhla sake wa li shaya kabili idwala ngenduku yake: a s'e puma amanzi amaningi, inhlangano ya puza kanye nezilwane zayo. 12 UJehova wa ti ku Moses na ku Aron, Ngokuba ni nga kolwanga yimi, ukungingcwelisa emehlweni aba kwa Israeli, ngako a ni yi kuwungenisa lo mbutano ezweni engi ba nike lona. 13 Lawa a ngamanzi a seMeriba; ngokuba aba kwa Israeli ba xabana noJehova, yena wa ngcweliswa kubo.

14 UMoses wa tuma izigijimi enkosini ya kwa Edom zi suka eKadeshe, wa ti, U ti umfo wenu UIsraeli, u y'azi konke ukushikashikeka okusehleleyo; 15 ukwehlela kwa obaba Egipite nokuhlala kwetu isikati eside Egipite; aba sEgipite ba si pata kabi, tina na obaba: 16 kwa ti ukukala kwetu ku Jehova, wa li zwa izwi letu wa tuma ingelosi, wa si kipa Egipite: naku, si seKadeshe, umuzi o semapetelweni omkaulo wa-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UEdom u vimbela uIsraeli. Ukufa ku ka Aron. Inyoka yetusi.

ko. 17 Ma si dabule pela ezweni lako: a si yi kudabula emasimini na sezivinini; amanzi emitombo a si yi kuwapuza; si ya kuhamba ngomgwaqo wenkosi, a si yi kucezukela nga kwesokunene na nga kwesokohlo, si ze si dhlule umkaulo wako. 18 UEdom wa ti kuye, A u soze wa dabula kimi, funa ngi pume ngi ku hlasele ngenkemba. 19 Aba kwa Israeli ba ti ku yena, Si ya kwenyuka ngomgwaqo; uma mina nemfuyo yami si puza amanzi ako, ngo wa kokela. Kupela ukudabula nje ngezinyawo ma ngi dabule. 20 Wa ti yena, A u soze wa dabula. Wa s'e puma uEdom wa m hlasela e nabantu abaningi, enza ngesandhla esi namandhla. 21 W'alake uEdom ukuba uIsraeli a dabule ezweni lake: ngakoke uIsraeli wa cezuka kuye.

22 Ba suka eKadeshe: aba kwa Israeli, inhlangano yonke, ba fika entabeni iHori. 23 UJehova wa kuluma ku Moses na ku Aron entabeni iHori, emkaulweni wezwe la kwa Edom, wa ti, 24 UAron u ya kwelekelwa ku bantu ba kubo, ngokuba a ka yi kungena ezweni engi ba nike lona aba kwa Israeli, ngokuba na hlubuka ezwini lami emanzini a seMeriba. 25 Tata UAron noElazare indodana yake, u b'enyusele entabeni iHori; 26 u m kumule uAron izingubo, u m ambatise zona uElazare indodana yake: uAron u ya kwelekelwa ku bantu ba kubo, a fele kona. 27 UMoses w'enza njengokuyala ku ka Jehova: b'enyukela entabeni iHori emehlweni enhlangano yonke. 28 UMoses wa m kumula uAron izingubo zake, wa m ambatisa zona uElazare indodana yake; uAron wa fela kona pezu kwentaba: uMoses noElazare b'ehla entabeni. 29 Lapo inhlangano yonke i bona ukuba uAron u file, ba m lilela uAron izinsuku ezi ngamashumi amatatu, yonke indhlu ya kwa Israeli.

21 Lapo umKanan inkosi ya seAradi, owa yakile nga seNingizimu, e zwa ukuba uIsraeli u y'eza ngendhlela ya seAtarim, wa lwa noIsraeli, wa tumba abanye kubo. 2 UIsraeli wa tembisa uJehova ngesitembiso, wa ti, Uma wena u ba kapela nokubakapela laba bantu esandhleni sami, ngi ya kushaya ngi bhuqe imizi yabo. 3 UJehova wa li lalela izwi li ka Israeli, wa wa kapela amaKanan; ba wa shaya ba wa bhuqa kanye nemizi yawo: leyo ndawo ya qanjwa ngokuti iHorma.

4 Ba hambake b'esuka entabeni iHori ngendhlela yoLwandhle oluBomvu, ukuba ba li gwegwesele izwe la kwa Edom: umpefumulo wabantu wa dangala kakulu ngenxa yendhlela. 5 Abantu ba kuluma kabi ngoNkulunkulu, na ngoMoses, be ti, Ni s'enyuseleni Egipite ukuba si fe ehlane na? ngokuba a siko isinkwa, namanzi ka wako; izinhliziyo zetu zi ya nengwa yilesi sinkwa esi lulana. 6 UJehova wa tumela izinyoka ezi nobuhlungu obushisayo pakati kwabantu, za luma abantu; kwa fa abantu abaningi kwa Israeli. 7 Abantu ba se b'eza ku Moses, ba ti, S'onile, ngokuba si kulume kabi ngoJehova, na ngawe; tandaza ku Jehova, ukuba a suse izinyoka kitina. UMoses wa s'e tandazela abantu. 8 UJehova wa ti ku Moses, y'enza inyoka e nobuhlungu obushisayo, u yi hlome esibondeni: ku ya kuti bonke abalunyiweyo, lapo be yi bona, ba pile. 9 UMoses w'enza inyoka yetusi, wa yi hloma esibondeni: kwa ti uma inyoka i m lumile umuntu, lapo e yi buka inyoka yetusi, wa pila.

10 Aba kwa Israeli ba suka, ba ngenisa eOboti. 11 B'esuka eOboti, ba ngenisa eIye-abarim, ehlane eli ngapambi kwa kwa Moabe nga sempumalanga. 12 B'esuka lapo, ba ngenisa esihlanjeni sa seZerede. 13 B'esuka lapo ba ngenisa ngapesheya kweArnon eli sehlane eli puma emkaulweni wamaAmori: ngoba iArnon li umkaulo wa kwa Moabe, emkatini weMoabe namaAmori. 14 Ngakoke ku tiwa encwadini yezimpi zi ka Jehova,

IVahebi e seSufa,
Nezihlambo zeArnon,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku citwa uSihon noOgi. Indaba ka Balaki.

15 Nomtambeka wezihlambo
O tambekela emzini wa seAri,
O ncike emkaulweni wa kwa Moabe.
16 B'esuka lapo ba ya eBere: lowo ngumtombo a sho ngawo uJehova ku Moses, ukuti, Ba bute abantu, ngi ba pe amanzi.
17 UIsraeli wa s'e hlabelela le ngoma, yokuti;
Pupuma, mtombo; wu hlabelelele-leni:
18 Umtombo ezawumbayo izikulu,
Awupandayo amakosana abantu,
Ngentonga yobukosi, ngezindondolo zawo.
B'esuka ehlane ba ya eMatana; 19 b'esuka eMatana ba ya eNahaliyeli; b'esuka eNahaliyeli, ba ya eBamoti; 20 b'esuka eBamoti ba ya emhosheni o sezweni la kwa Moabe, ukuya esiqongweni sePisga, eli buka enzansi kwa hlongasibi.

21 UIsraeli wa tuma izigijimi ku Sihon inkosi yamaAmori, e ti, 22 Ma ngi dabule ezweni lako; a si yi kucezukela emasimini, na sezivinini; namanzi emitombo a si yi kuwapuza: si ya kuhamba ngomgwaqo wenkosi, si ze si dhlule umkaulo wako. 23 USihon a ka vumanga ukuba uIsraeli a dabule ezweni lake: kodwa uSihon wa buta bonke abantu bake, wa puma wa m hlasela uIsraeli ehlane: wa fika eJahaze; wa lwa noIsraeli. 24 UIsraeli wa m cita ngobukali benkemba wa dhla izwe lake ku suka eArnon ku ze ku fike eJaboki, ku ze ku be kwaba kwa Amon, ngokuba umkaulo waba kwa Amon wa u qinile. 25 UIsraeli wa tata yonke le mizi: uIsraeli wa hlala kuyo yonke imizi yamaAmori, eHeshbon, na semizaneni yonke ya kona. 26 Ngokuba iHeshbon la li ngumuzi ka Sihon inkosi yamaAmori, owa e lwile nenkosi ya kuqala ya kwa Moabe, wa li tata lonke izwe layo esandhleni sayo, kwa ze kwa fika eArnon. 27 Ngakoke bona aba kuluma ngeziga, ba ti,
Wozani eHeshbon;
Umuzi ka Sihon ma wakiwe, u qiniswe:
28 Ngokuba umlilo u pumile eHeshbon,
Ilangabi eli vela emzini ka Sihon:
Li dhle iAri la kwa Moabe,
Abanumzana bezindawo ezipakemeyo za seArnon.
29 Maye wena, Moabe!
Ni shabalele, Bantu ba ka Kemoshi:
U nike amadodana ake a be imihambima,
Namadodakazi ake u wa nikele ekutunjweni, ku Sihon inkosi yamaAmori.
30 Si ba cibishele; iHeshbon li shabalele kwa ze kwa fika eDibon,
Si citile kwa ze kwa fika eNofa
Eli finyelela eMedeba.
31 UIsraeli wa hlalake ezweni lamaAmori. 32 UMoses wa tumela ukuba ku hlolwe iJazeri, ba yi dhla imizana ya kona, ba xosha amaAmori a be kona.

33 Ba penduka b'enyuka ngendhlela ya seBashan; uOgi inkosi ya seBashan wa puma wa ba hlasela, yena, nabantu bonke bake, ukuba a lwe eEdreyi. 34 UJehova wa ti ku Moses, U nga m esabi, ngokuba ngi m kapele esandhleni sako nabantu bonke bake, nezwe lake; wo kwenza kuye njengokwenza kwako ku Sihon inkosi yamaAmori, owa be ake eHeshbon. 35 Ba m bulala, namadodana ake, nabantu bonke bake, kwa ze a kwa sala kuye nowokulandula; ba dhla izwe lake. **22** 1 Aba kwa Israeli ba suka ba ngenisa ematafeni a kwa Moabe ngapesheya kweJordan eJeriko.

2 UBalaki ka Zipore wa bona konke a be kwenzile uIsraeli ku maAmori. 3 UMoabe wa s'e ba novalo kakulu ngabantu, ngokuba ba be baningi: wa ngenwa ivuso uMoabe ngenxa yaba kwa Israeli. 4 UMoabe wa ti ku malunga a kwa Midiyan, Manje lesi sixuku si ya kukota konke oku nga kitina, njengenkomo i kota utshani ba sendhle. UBalaki ka Zipore wa e inkosi ya kwa Moabe nga leso sikati. 5 Wa s'e tuma izigijimi

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku landwa uBalam. U hlangana nengelosi.

ku Balam ka Behore ePetore, eli nga seMfuleni, izwe labantwana babantu ba kubo ukuba a m bize, e ti, Bheka, ku kona abantu aba puma Egipite: nampa be sibekele ubuso bomhlaba, ba hlezi malungana nami. 6 A ke u ze, u ngi qalekisele laba bantu; ngokuba ba ya ng'ahlula mina: mhlaumbe ngi nga ze ngi be namandhla ukuba si ba cite, ngi ba xoshe ezweni; ngokuba ngi y'azi ukuba o busiswa nguwe u busisiwe, o qalekiswa nguwe u qalekisiwe.

7 Amalunga a kwa Moabe namalunga a kwa Midiyan a hamba, inkokelo yokubhula i sezandhleni zawo; a fika ku Balam, a kuluma kuye amazwi ka Balaki. 8 Wa s'e ti kuwo, Ngenisani lapa namhla, ngo ni buyisela izwi, njengaloko uJehova a ya kukusho kimina: izikulu za kwa Moabe za se zi hlala noBalam. 9 UNkulunkulu wa fika ku Balam wa ti, Obani lawa madoda a nawe na? 10 UBalam wa ti ku Nkulunkulu, UBalaki ka Zipore inkosi ya kwa Moabe u tumele kimina, e ti, 11 Bheka, abantu aba pume Egipite ba sibekela ubuso bomhlaba: wozake, u ngi qalekisele bona; mhlaumbe ngi nga ze ngi be namandhla okulwa nabo, ngi ba xoshe. 12 UNkulunkulu wa ti ku Balam, U z'u nga hambi nabo; u nga qalekisi laba bantu; ngokuba ba busisiwe. 13 UBalam wa vuka kusasa, wa ti ezikulwini zi ka Balaki, Buyelani ezweni la kini; ngokuba uJehova u ya ng'alela ukuba ngi hambe nani. 14 Izikulu za kwa Moabe za suka, za ya ku Balaki, za ti, UBalam u y'ala ukuhamba nati.

15 UBalaki wa buya wa tuma ezinye izikulu futi eziningi nezi nodumo kuna lezo. 16 Za fika ku Balam za ti kuye, U ti uBalaki ka Zipore, A ke u nga tiywa yiluto ukuba u ze kimi: 17 ngokuba ngo ku nika udumo olukulu, ngenze konke okushoyo kimina: ma u ze pela, u ngi qalekisele laba bantu. 18 UBalam wa pendula wa ti ezincekwini zi ka Balaki, Uma uBalaki e ngi nika indhlu yake i gcwele isiliva negolide, a ngi na kuli-dhlula izwi li ka Jehova uNkulunkulu wami, ukwenza okuncane nokukulu. 19 A ke ni hlale nani lapa namhla, ukuze ng'azi ukuti uJehova u ya kwengeza a tini kimi. 20 UNkulunkulu wa fika ku Balam ebusuku, wa ti kuye, Uma amadoda e fike ukukubiza, vuka u hambe nawo; kodwa izwi engi za kulikuluma kuwe, yilona lodwa o ya kulenza.

21 UBalam wa vuka ekuseni nga kusasa, wa bopela imbongolo yake, wa hamba nezikulu za kwa Moabe. 22 Ulaka lu ka Nkulunkulu lwa vuta ngokuba e hambile; ingelosi ka Jehova y'ema endhleleni, ya ba oyimpi kuye. Wa e kwele imbongolo yake, abantu bake ababili be naye. 23 Imbongolo ya bona ingelosi ka Jehova i mi endhleleni, inkemba yayo i kokiwe i yi pete ngesandhla; imbongolo ya cezuka endhleleni ya nhlanhlata: uBalam wa yi shaya imbongolo ukuyibuyisela endhleleni. 24 Ingelosi ka Jehova ya se i ma emncingweni emkatini wezivini, udonga ngalapa nodonga ngalapa. 25 Imbongolo ya bona ingelosi ka Jehova ya zicindezela odongeni; ya cindezela unyawo lu ka Balam odongeni; wa s'e yi shaya futi. 26 Ingelosi ka Jehova ya qubeka, y'ema endaweni enyinyayo, lapo ku ngeko ndhlela yokucezukela nga kwesokunene na nga kwesokohlo. 27 Imbongolo ya bona ingelosi ka Jehova, ya ti butalala ngapansi ku ka Balam: ulaka lu ka Balam lwa vuta, wa yi shaya imbongolo ngenduku. 28 UJehova wa vula umlomo wembongolo, ya ti ku Balam, Ng'enzeni kuwe, ukuba u ngi shaye lezi zikati ezitatu na? 29 UBalam wa ti kuyo imbongolo, Ngokuba u dhlala ngami: kungati nga ngi be ngi nenkemba esandhleni sami, nga se ngi ku bulele impela. 30 Ya ti imbongolo ku Balam, A ngi siyo imbongolo yako oyikwelayo seloku wa vela ku ze ku be namhla na? be ngi jwayele nokujwayela ukwenze nje ku wena na? Wa ti, Qa.

31 UJehova wa s'e vula amehlo ka Balam, wa bona ingelosi ka Jehova i

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UBalam nengelosi. U fika ku Balaki. Isiprofeto sokuqala.

mi endhleleni, inkemba yayo i kokiwe i yi pete ngesandhla; wa kotamisa ikanda, wa ti mbo ngobuso pansi. 32 Ya ti ingelosi ka Jehova kuye, U yi shayeleni imbongolo yako lezi zikati ezitatu na? bheka, ngi pumele ukuba ngi be oyimpi, ngokuba indhlela yako i xabile pambi kwami: 33 imbongolo i ngi bone ya cezuka pambi kwami lezi zikati ezitatu; uma i bi nga cezukanga pambi kwami, nga se ngi ku bulele impela, nga yi sindisa yona. 34 UBalam wa ti kuyo ingelosi ka Jehova, Ng'onile; ngokuba be ngi ng'azi ukuba u ngi mele endhleleni: manjeke uma ku kubi emehlweni ako, se ngi zo buyela emuva. 35 Ya ti ingelosi ka Jehova ku Balam, Hamba na la madoda; kodwa izwi engi za kulikuluma kuwe, yilona lodwa o ya kulikuluma. UBalam wa s'e hamba nezikulu zi ka Balaki.

36 UBalaki wa t'ukuzwa ukuba UBalam u fikile, wa puma wa ya kumhlangabeza eMzini wa kwa Moabe, o semkaulweni weArnon, o semapetelweni omkaulo. 37 UBalaki wa ti ku Balam, A ngi tumanga ku wena ngi pokopelele ukukubiza na? A u zanga ngani kimi na? Kambe a ngi nawo amandhla impela ukukunika udumo na? 38 UBalam wa ti ku Balaki, Naku, se ngi fikile kuwe; ngi nawo amandhla okukuluma uto manje na? izwi eli bekwa emlonyeni wami nguNkulunkulu yilona engi za kulikuluma. 39 UBalam wa s'e hamba noBalaki, ba fika eKiriyati-huzoti. 40 UBalaki wa hlaba izinkomo nezimvu, wa tumela ku Balam, na kuzo izikulu eza zi naye.

41 Kwa ti nga kusasa, uBalaki wa tata uBalam, wa m enyusela ezindaweni ezipakemeyo zi ka Bale, wa ti e kona wa bona ku ze ku be semapetelweni abantu. **23** 1 UBalam wa ti ku Balaki, Ng'akele lapa amalati a isikombisa, u ngi lungisele lapa amaduna a isikombisa nezinqama ezi isikombisa. 2 UBalaki w'enza njengokusho ku ka Balam; uBalaki noBalam ba nikela iduna nenqama elatini nga linye. 3 UBalam wa ti ku Balaki, Yima nga semnikelweni wako oshiswayo, mina ngi hambe; ingabe uJehova u ya kuza ukungihlangabeza; konke a ngi bonisa kona, ngo ku tshela wena. Wa ya egangeni. 4 UNkulunkulu wa m hlangabeza uBalam: wa ti ku yena, Ngi wa lungisile amalati a isikombisa, ngi nikele iduna nenqama elatini nga linye. 5 UJehova wa beka izwi emlonyeni ka Balam, wa ti, Buyela ku Balaki, u kulume kanje. 6 Wa e se buyela ku yena, nango e mi nga semnikelweni wake oshiswayo, yena nezikulu zonke za kwa Moabe. 7 Wa tata umlinganiso wake, wa ti,

UBalaki u ngi landile eAram,
Inkosi ya kwa Moabe i ngi lande ezintabeni za seMpumalanga, i ti,
Woza u ngi qalekisele uJakobe,
U ze u dhlelesele uIsraeli;
8 Ngi ya kumqalekisa kanjani o nga qalekisiwe nguNkulunkulu na?
Ngi ya kumdhlelesela kanjani o nga dhleleselwe nguJehova na?
9 Ngokuba ngi seziqongweni zamatshe ngi ya m bona,
Ngi sezintabeni ngi ya m buka.
Yeka, abantu aba hlala bodwa,
A ba yi kubalwa kanye nezizwe.
10 Ngubani o nga bala utuli lu ka Jakobe na?
No nga bala okwesine ku ka Israeli na?
Ma ngi fe ukufa kwolungileyo,
Ukugcina kwami ku be njengokwake!

11 UBalaki wa ti ku Balam, W'enzeni kimina na? Ngi ku tatele ukuqalekisa izita zami, kanti, naku, se u zi busisile nokuzibusisa. 12 Yena wa pendula wa ti, A ku fanele ngi qapele ukukuluma loko oku bekwa emlonyeni wami nguJehova na?

13 UBalaki wa ti kuye, A ke u ze, si ye kwenye indawo, lapo u zo ba bona u kona; u ya kubona ipetelo labo nje, u nga ba boni bonke: u ngi qalekisele bona u lapo. 14 Wa m yisa ezweni la seZofim, esiqongweni

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Isiprofeto sesibili nesesitatu.

sePisga, w'aka amalati a isikombisa, wa nikela iduna nenqama elatini nga linye. 15 Wa ti ku Balaki, Yima lapa nga semnikelweni wako oshiswayo, mina ngi hlangabezane noJehova lapaya. 16 UJehova wa m hlangabeza uBalam, wa beka izwi emlonyeni wake, wa ti, Buyela ku Balaki u kulume kanje. 17 Wa fika kuye, nango, e mi nga semnikelweni wake oshiswayo, nezikulu za kwa Moabe kanye naye. UBalaki wa ti kuye, U kulumeni uJehova na? 18 Wa tata umlinganiso wake, wa ti,

Vuka, Balaki, u zwe;
Lalela mina wena ka Zipore;
19 UNkulunkulu a ka siye umuntu, ukuba a qamb'amanga,
A ka siye indodana yomuntu ukuba a penduke:
U shilo, a ka yi kukwenza na?
U kulumile a ka yi kukuqinisa na?
20 Bheka, ng'amukele umyalo wokuba ngi busise:
Yena u busisile; a ngi na kukubuyisa.
21 A ka bonanga icala kwa Jakobe;
A ka bonanga ukuhxina kwa Israeli:
UJehova uNkulunkulu wake u naye,
Ukuhlokoma kwenkosi ku pakati kwabo.
22 UNkulunkulu u ya ba kipa Egipite;
U namandhla kungati awenyati.
23 Impela a kuko kutwebula kwa Jakobe,
A kuko na kubhula kwa Israeli,
Manjeke ku za kutiwa ngoJakobe na ngoIsraeli,
Yeka akwenzileyo uNkulunkulu!
24 Bheka, abantu ba vuka njengengonyamakazi:
Ba ya zipakamisa njengengonyama:
A i yi kulala i nga ka yi dhli inyamazane,
I puze igazi lezibuleweyo.

25 UBalaki wa ti ku Balam, Mus'ukubaqalekisa nokubaqalekisa, mus'ukubabusisa nokubabusisa. 26 Kepa uBalam wa pendula wa ti ku Balaki, A ngi ku tshelanga ukuti, Konke oku kulunywa uJehova, ngi ya kukwenza na?

27 UBalaki wa ti ku Balam, A ke u ze, ngi ku yise kwenye indawo; ingabe kwo lunga emehlweni ka Nkulunkulu ukuba u ngi qalekisele bona u lapo. 28 UBalaki wa s'e m yisa uBalam esiqongweni sePehore, eli bheka enzansi kwa hlongasibi. 29 UBalam wa ti ku Balaki, Ng'akele lapa amalati a isikombisa, u ngi lungisele lapa amaduna a isikombisa nezinqama ezi isikombisa. 30 UBalaki w'enza njengokusho ku ka Balam, wa nikela iduna nenqama elatini nga linye.

24 1 Wa ti UBalam ukubona ukuti kuhle emehlweni ka Jehova ukubusisa uIsraeli, a ka yanga, njenga sezikatini, ukufuna ukutwebula, wa bhekisa ubuso bake nga sehlane. 2 UBalam wa pakamisa amehlo ake, wa bona uIsraeli e hlezi ngokwezizwe zake; uMoya ka Nkulunkulu wa m fikela. 3 Wa tata umlinganiso wake, wa ti,

UBalam ka Behore u ti,
Indoda e mehlo ayo a be cimele, i ti;
4 U ti yena o zwile amazwi ka Nkulunkulu,
O bona umbono ka Somandhla,
E wa pansi, amehlo ake e vuliwe:
5 Yeka, mahle kangaka amatente ako, Jakobe,
Namatabanekele ako, Israeli!
6 Elulekile njengezihlambo,
Njengamasimu nga semfuleni,
Njengenhlaba eya tshalwa uJehova,
Na njengemisedare nga semanzini.
7 Amanzi a ya kukapaka ezimbizeni zake,
Inzalo yake i ya kuba semanzini amaningi,
Inkosi yake i ya kuba ngapezu ku ka Agagi,
Umbuso wake u pakanyiswe.
8 UNkulunkulu u ya m kipa Egipite;
U namandhla kungati awenyati:
U ya kuzidhla izizwe ezi impi kuye,

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Isiprofeto sokugcina si ka Balam. Isono sa sePehore.

A qoboze amatambo azo,
A zi debeze ngemicibishelo yake.
9 Wa ti butalala, wa lala njengengonyama,
Na njengengonyamakazi; u ya kuvuswa ubani?
U busisiwe okubusisayo,
U qalekisiwe okuqalekisayo.

10 Ulaka lu ka Balaki lwa vuta nga ku Balam, wa shayanisa izandhla zake; uBalaki wa ti ku Balam, Ngi ku bizele ukuba u qalekise izita zami, kanti naku, u su zi busisile nokuzibusisa lezi zikati ezitatu. 11 Manjeke baleka u ye endaweni yako: be ngi ti ngi zo ku nika udumo olukulu; nakuke uJehova u ku vimbele odumweni. 12 UBalam wa ti ku Balaki, A ngi kulumanga yini kuzo izigijimi zako o bu zi tumile kimina, nga ti, 13 Noma uBalaki e ngi nika indhlu yake i gcwele isiliva negolide, a ngi na kulidhlula izwi li ka Jehova, ukwenza okuhle nokubi ngeyami inhliziyo; kodwa loko akukulumayo uJehova, yiloko engi ya kukukuluma? 14 Manjeke, bheka, ngi ya kwabakiti: woza, ngo ku tshela oku ya kwenziwa yilaba bantu ku bantu bako ezinsukwini zokugcina. 15 Wa tata umlinganiso wake wa ti,

UBalam ka Behore u ti,
Indoda e mehlo ayo a be cimele i ti;
16 U ti yena o zwile amazwi ka Nkulunkulu,
Owaziyo ukwazi kwOpezu Konke,
O bona umbono ka Somandhla,
E wa pansi, amehlo ake e vuliwe:
17 Ngi ya m bona, ku nge manje noko:
Ngi ya m buka, ku nge seduze:
Ku ya kuvela inkanyezi ku Jakobe,
Intonga yobukosi i ya kuvuka kwa Israeli,
I qushuze amagumbi a kwa Moabe,
I bidhlize onke amadodana omsindo.
18 UEdom u ya kuba ifa,
USehire naye u ya kuba ifa, labo aba be izita zake;
UIsraeli e s'enza ubuqawe.
19 Kwa Jakobe ko puma o ya kubusa,
A bubise abaseleyo emzini.
20 Wa s'e buka uAmaleki, wa tata umlinganiso wake, wa ti,
UAmaleki wa e ngesokuqala sezizwe;
Kodwa ukugcina kwake ku yisa ekubujisweni.
21 Wa s'e buka umKeni, wa tata umlinganiso wake, wa ti,
Indawo o hlala kuyo i qinile,
Isidhleke sako si miswe edwaleni.
22 Noko uKani u ya kucitwa,
A ze a ku tumbe uAsheri.
23 Wa tata umlinganiso wake, wa ti,
Maye, ubani o ya kupila lapo e se kwenza loku uNkulunkulu na?
24 Imikumbi i ya kuvela ogwini lwa seKitim,
I hlupe uAsheri, i hlupe noEberi;
Naye futi u ya kuya ekubujisweni.
25 UBalam wa s'e suka, wa hamba, wa buyela endaweni yake; noBalaki wa hamba ngeyake indhlela.

25 UIsraeli wa hlala eShitim; abantu ba se be qala ukufeba namadodakazi a kwa Moabe: 2 ngokuba ba bizela abantu emihlatshelweni ya onkulunkulu babo; abantu ba dhla, ba kotamela onkulunkulu babo. 3 UIsraeli wa zihlanganisa noBale-pehore: ulaka u ka Jehova lwa se lu vuta nga ku Israeli. 4 Wa ti uJehova ku Moses, Tabata bonke aba izinhloko ku bantu, u ba panyeke pambi ku ka Jehova nga selangeni, ukuze ulaka oluvutayo lu ka Jehova lu buye nga ku Israeli. 5 UMoses wa ti ku bahluli ba kwa Israeli, Bulalani ilowo abantu bake aba zihlanganise noBale-pehore.

6 Bheka, omunye wa kwa Israeli, wa fika wa leta ku bafo wabo owesifazana wa kwa Midiyan emehlweni ka Moses, na semehlweni enhlangano yonke yaba kwa Israeli, be sa kala

Digitized by Google Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Isikwele si ka Finehasi. Ukubalwa kwabantu.

nga semnyango wetente lokuhlangana. 7 Wa ti uFinehasi, ka Elazare, ka Aron umpristi, ukubona loko, wa suka pakati kwenhlangano, wa tata umkonto ngesandhla sake; 8 wa landela indoda ya kwa Israeli wa ya etenteni wa ba bokoda bobabili, indoda ya kwa Israeli, nowesifazana esiswini sake. Sa se si nqamukake isifo kwaba kwa Israeli. 9 Abafayo nga lesi sifo ba be izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nane.

10 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 11 UFinehasi ka Elazare ka Aron umpristi, u buyisile ulaka lwami kwaba kwa Israeli, ngokuba wa e nesikwele, isikwele sami, pakati kwabo, ku ngako a ngi ba qedanga aba kwa Israeli ngesikwele sami. 12 Ngakoke yiti, Bheka, ngi ya m nika isivumelwano sami sokutula: 13 si ya kuba kuye, na senzalweni yake emva kwake, si isivumelwano sobupristi obumiyo njalo; ngokuba wa e nesikwele ngoNkulunkulu wake, wa ba hlaulela aba kwa Israeli.

14 Igama lendoda ya kwa Israeli eyabulawayo, eya bulawa kanye nowesifazana wa kwa Midiyan, la li nguZimri, ka Salu, isikulu sendhlu ka yise ku maSimeon. 15 Igama lowesifazana wa kwa Midiyan owabulawayo la li nguKozibi, ka Zure; owa e inhloko yabantu bendhlu ka yise kwa Midiyan.

16 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 17 Hlupa amaMidiyan, u wa bulale; 18 ngokuba a ya ni hlupa ngobukelengu bawo a ni kelenga ngabo ngendaba ka Pehore, na ngendaba ka Kozibi, indodakazi yesikulu sa kwa Midiyan, udade wabo, owa bulawa ngosuku lwesifo ngendaba ka Pehore.

26 Kwa ti ke se si pelile isifo, uJehova wa kuluma ku Moses na ku Elazare ka Aron umpristi, wa ti, 2 Hlanganisani ubuningi benhlangano yonke yaba kwa Israeli, ni qale kwaba neminyaka e ngamashumi amabili ni yę kwaba nengapezulu, ngezindhlu za oyise, bonke aba nga puma impi kwa Israeli. 3 UMoses noElazare umpristi ba kuluma ku bona ematafeni a kwa Moabe nga seJordan eJeriko, be ti, 4 Hlanganisani ubuningi babantu, ni qale kwaba neminyaka e ngamashumi amabili ubudala ni ye kwaba nengapezulu; njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses naba kwa Israeli, aba puma ezweni la sEgipite.

5 URuben izibulo li ka Israeli; amadodana ka Ruben: kwa Hanoki, umndeni wamaHanoki; kwa Palu, umndeni wamaPalu; 6 kwa Hezeron, umndeni wamaHezeron; kwa Karmi, umndeni wamaKarmi. 7 Yile imindeni yamaRuben; łabo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi ngamashumi amane nantatu namakulu a isikombisa namashumi amatatu. 8 Amadodana ka Palu: uEliyabe. 9 Amadodana ka Eliyabe: uNemuweli, noDatan, noAbiram. Yilaba oDatan noAbiram ababizwayo benhlangano, aba xabana noMoses noAron ebandhleni li ka Kora, ekuxabaneni kwabo noJehova, 10 umhlaba wa vula umlomo wawo, wa ba gwinya kanye noKora, ekufeni kwa lelo bandhla; msukwana umlilo u dhla amadoda a ngamakulu amabili namashumi a isihlanu, ba ba isibonakaliso. 11 Noko amadodana ka Kora a ka fanga.

12 Amadodana ka Simeon ngemindeni yawo: kwa Nemuweli, umndeni wamaNemuweli; kwa Jamin, umndeni wamaJamin; kwa Jakin, umndeni wamaJakin; 13 kwa Zera, umndeni wamaZera; kwa Shauli, umndeni wamaShauli. 14 Yile imindeni yamaSimeon, izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nambili namakulu amabili.

15 Amadodana ka Gadi, ngemindeni yawo: kwa Zefon, umndeni wamaZefon; kwa Hagi, umndeni wamaHagi; kwa Shuni, umndeni wamaShuni; 16 kwa Ozeni, umndeni wamaOzeni; kwa Eri, umndeni wamaEri; 17 kwa Arodi, umndeni wamaArodi; kwa Areli, umndeni wamaAreli. 18 Yile imindeni yamadodana ka Gadi ngokwababalwayo kubo, izinkulungwane

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukubalwa kwabantu.

ezi ngamashumi amane namakulu a isihlanu.

19 Amadodana ka Juda: oEre no-Onan; oEre noOnan ba fa ezweni la kwa Kanan. 20 Amadodana ka Juda ngemindeni yawo a be ilawa: kwa Shela, umndeni wamaShela; kwa Perezi, umndeni wamaPerezi; kwa Zera, umndeni wamaZera. 21 Amadodana ka Perezi a be ilawa: kwa Hezeron, umndeni wamaHezeron; kwa Hamuli, umndeni wamaHamuli. 22 Yile imindeni ka Juda ngokwababalwayo kubo, izinkulungwane ezi ngamashumi a isikombisa nesitupa namakulu a isihlanu.

23 Amadodana ka Isakare ngemindeni yawo: kwa Tola, umndeni wamaTola; kwa Puva, umndeni wama-Puni; 24 kwa Jashube, umndeni wamaJashube; kwa Shimron, umndeni wamaShimron. 25 Yile imindeni ka Isakare ngokwababalwayo kubo, izinkulungwane ezi ngamashumi a isitupa nane namakulu amatatu.

26 Amadodana ka Zebulun ngemindeni yawo: kwa Serede, umndeni wamaSerede; kwa Elon, umndeni wamaElon; kwa Jaleli, umndeni wamaJaleli. 27 Yile imindeni yama-Zebulun ngokwababalwayo kubo, izinkulungwane ezi ngamashumi a isitupa namakulu a isihlanu.

28 Amadodana ka Josefa ngemindeni yawo: oManase noEfrayim. 29 Amadodana ka Manase: kwa Makiri, umndeni wamaMakiri; uMakiri wa zala uGiliyadi: kwa Giliyadi, umndeni wamaGiliyadi. 30 Yilawa amadodana ka Giliyadi: kwa Yezeri, umndeni wamaYezeri; kwa Heleki, umndeni wamaHeleki; 31 kwa Asriyeli, umndeni wamaAsriyeli; kwa Shekem, umndeni wamaShekem; 32 kwa Shemida, umndeni wamaShemida; kwa Heferi, umndeni wamaHeferi. 33 UZelofehadi ka Heferi wa e nge namadodana, wa e namadodakazi kupela: amagama amadodakazi ka Zelofehadi a e ngoMala, noNowa, noHogela, noMilika, noTirza. 34 Yile imindeni ka Manase; labo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi ngamashumi a isihlanu nambili namakulu a isikombisa.

35 Yilawa amadodana ka Efrayim ngemindeni yawo: kwa Shutela, umndeni wamaShutela; kwa Bekeri, umndeni wamaBekeri; kwa Tahan, umndeni wamaTahan. 36 Yilawa amadodana ka Shutela: kwa Eran, umndeni wamaEran. 37 Yile imindeni yamadodana ka Efrayim ngokwababalwayo kubo, izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu nambili namakulu a isihlanu. Yilawa amadodana ka Josefa, ngemindeni yawo.

38 Amadodana ka Benjamin ngemindeni yawo: kwa Bela, umndeni wamaBela; kwa Ashebeli, umndeni wamaAshebeli; kwa Ahiram, umndeni wamaAhiram; 39 kwa Shefufam, umndeni wamaShufam; kwa Hufam, umndeni wamaHufam. 40 Amadodana ka Bela a be oArdi noNaman: kwa Ardi, umndeni wamaArdi; kwa Naman, umndeni wamaNaman. 41 Yilawa amadodana ka Benjamin ngemindeni yawo; labo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi ngamashumi amane nesihlanu namakulu a isitupa.

42 Yilawa amadodana ka Dan ngemindeni yawo: kwa Shuham, umndeni wamaShuham. Yile imindeni ka Dan ngemindeni yabo. 43 Imindeni yonke yamaShuham, ngokwababalwayo kubo, ba be izinkulungwane ezi ngamashumi a isitupa nane namakulu amane.

44 Amadodana ka Asheri ngemindeni yawo: kwa Imna, umndeni wamaImna; kwa Ishvi, umndeni wama-Ishvi; kwa Beriya, umndeni wama-Beriya. 45 Ku madodana ka Beriya: kwa Hebere, umndeni wamaHebere; kwa Malkiyeli, umndeni wamaMalkiyeli. 46 Igama lendodakazi ka Asheri la li nguSera. 47 Yile imindeni yamadodana ka Asheri, ngokwababalwayo kubo, izinkulungwane ezi ngamashumi a isihlanu nantatu namakulu amane.

48 Amadodana ka Nafetali ngemindeni yawo: kwa Jazeli, umndeni wamaJazeli; kwa Guni, umndeni wa-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

maGuni; 49 kwa Jezere, umndeni wamaJezere; kwa Shilem, umndeni wamaShilem. 50 Yile imindeni ka Nafetali njengemindeni yabo; labo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi ngamashumi amane nesihlanu namakulu amane.

51 Laba yibona ababalwayo kwaba kwa Israeli, izinkulungwane ezi ngamakulu a isitupa nenkulungwane namakulu a isikombisa namashumi amatatu.

52 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 53 Izwe li ya kwabiwa li be ifa la labo njengomumo wamagama. 54 Abaningi u ya kubanika ifa elikulu, aba ingcozana u ba nike ifa eli ingcozana: ma ku be ilowo a nikwe ifa njengababalwayo bake. 55 Noko izwe li ya kwabiwa ngenkato: ba ya kulidhla ifa njengamagama ezizwe za oyise. 56 Ifa li ya kwabiwa ngenkato kwabaningi na kwaba ingcozana.

57 Laba yibona ababalwayo ku baLevi ngemindeni yabo: kwa Gershon, umndeni wamaGershon; kwa Kohati, umndeni wamaKohati; kwa Merari, umndeni wamaMerari. 58 Yile imindeni ka Levi: umndeni wamaLibeni, umndeni wamaHebron, umndeni wamaMali, umndeni wamaMushi, umndeni wamaKora. UKohati wa zala uAmram. 59 Igama lomka Amram la li nguJokebede ka Levi, owa zalwa uLevi Egipite: yena wa m zalela uAmram uAron noMoses noMiriyam udade wabo. 60 UAron wa zala uNadabe, noAbihu, noElazare, noItamare. 61 ONadabe noAbihu ba fa, ekunikeleni kwabo umlilo o nga fanele ngapambi ku ka Jehova. 62 Labo ababalwayo kubo ba be izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nantatu, bonke abesilisa ku qala kwaba nenyanga ubudala ku ya kwaba ngapezulu: ngokuba a ba balwanga pakati kwaba kwa Israeli, ngokuba a ba li nikwanga ifa pakati kwaba kwa Israeli.

63 Laba yibona ababalwayo uMoses noElazare umpristi, aba bala aba kwa Israeli ematafeni a kwa Moabe, nga seJordan eJeriko. 64 Kodwa ku laba kwa ku ngeko no yedwa wa labo aba balwa uMoses noAron umpristi, aba bala aba kwa Israeli ehlane la seSinayi. 65 Ngokuba uJehova wa e te ngabo, Ba ya kufa nokufa ehlane. A ku salanga muntu ku bona, uKalebi ka Jefune noJoshua ka Nun, kupela.

27 Kwa se ku sondela amadodakazi ka Zelofehadi ka Heferi ka Giliyadi ka Makiri ka Manase, awemindeni ka Manase ka Josefa; yilawa amagama amadodakazi ake: oMala, noNowa, noHogela, noMilika, noTirza. 2 B'ema ngapambi ku ka Moses, na ngapambi ku ka Elazare umpristi, na ngapambi kwezikulu nenhlangano yonke, nga semnyango wetente lokuhlangana, be ti, 3 Ubaba wa fa ehlane, wa e ngeko ebandhleni la labo aba butana ukumelana noJehova ebandhleni li ka Kora: kodwa wa fela ekwoneni kwake; wa e nge namadodana. 4 Yini ukuba igama li ka baba li suswe emndenini wa kubo, ngokuba wa e nge nandodana na? si nike nati ifa pakati kwabafo wabo ka baba. 5 UMoses wa s'e yi leta ngapambi ku ka Jehova indaba yabo.

6 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 7 Amadodakazi ka Zelofehadi a kuluma kahle: u ya kuwanika nokuwanika izwe lefa pakati kwabafo wabo ka yise; u dhlulisele ifa li ka yise ku wona. 8 Wo kuluma kwaba kwa Israeli, u ti, Uma umuntu e fa, e nge na ndodana, ma ni dhlulisele ifa lake endodakazini yake. 9 Uma e nge nayo indodakazi, ifa lake li nikeni abafo wabo. 10 Uma e nge nabafo wabo, li nikeni ifa lake abafo wabo ka yise. 11 Uma uyise e nge nabafo wabo, ifa lake li nikeni owa kubo o nyamanye naye womndeni wa kubo, a li dhle: ko ba isimiso nesike kubo aba kwa Israeli, njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses.

12 UJehova wa ti ku Moses, Yenyukela ku le ntaba ya seAbarim, u bone izwe engi ba nike lona aba kwa Israeli. 13 U su li bonile, nawe u

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ya kwelekelwa ku bantu ba kini, njengoAron umfo wenu welekelwa: 14 ngokuba na hlubuka ezwini lami ehlane la seZin, ekuxabaneni kwenhlangano, lokuba ni ngi ngcwelise nga semanzini emehlweni abo. (Lawo ngamanzi a seMeriba eKadeshe ehlane la seZin.)

15 UMoses wa kuluma ku Jehova, wa ti, 16 UJehova, uNkulunkulu wemimoya yenyama yonke, ma ka mise umuntu pezu kwenhlangano, 17 o ya kupuma pambi kwabo, a ngene pambi kwabo, a ba kipe, a ba ngenise; ukuze inhlangano ka Jehova i nga bi njengezimvu ezi nge na malusi. 18 UJehova wa ti ku Moses, Tabata uJoshua ka Nun, umuntu o noMoya, u beke isandhla sako pezu kwake; 19 u m mise ngapambi ku ka Elazare umpristi, na ngapambi kwenhlangano yonke; u m yale emehlweni abo. 20 Wo beka okwodumo lwako pezu kwake, ukuze yonke inhlangano yaba kwa Israeli i lalele. 21 U ya kuma ngapambi ku ka Elazare umpristi, o ya kumbuzela ngokwahlulela kwe-Urim pambi ku ka Jehova: ngezwi lake ba ya kupuma, na ngezwi lake ba ngene, yena nabo bonke aba kwa Israeli kanye naye, yona yonke inhlangano. 22 UMoses w'enza njengokuyalwa kwake uJehova; wa m tata uJoshua, wa m misa ngapambi ku ka Elazare umpristi, na ngapambi kwenhlangano yonke: 23 wa beka izandhla zake pezu kwake, wa m yala njengokusho ku ka Jehova ngoMoses.

28 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 2 Yala aba kwa Israeli, u ti kubo, Isetulo sami, ukudhla kweminikelo yami eyenziwa ngomlilo, yolwasi olumnandi kimina, ni ya kuqapela ukuba ni yi nikele kimi ngezikati zayo. 3 U ya kuti kubo, Loku ku umnikelo owenziwa ngomlilo eni ya kuwunikela ku Jehova; izimvana zezinduna ezi nge na sici ezi nomnyaka munye zi be zimbili imihla ngemihla njalo, ku be umnikelo oshiswayo wa futi. 4 Enye imvana u ya kuyinikela kusasa, enye imvana u yi nikele se li shona ilanga; 5 nokweshumi kweefa lempupu ecolekileyo ku be umnikelo wempupu, e xovwe nokwesine kwehini lamafuta anyisiweyo. 6 Ku umnikelo oshiswayo wa futi, owa miswa entabeni iSinayi u be ulwasi olumnandi, umnikelo owenziwa ngomlilo ku Jehova. 7 Umnikelo wokupuzwa wawo wo ba okwesine kwehini kuyo imvana inye: u ya kutululela uJehova umnikelo wokupuzwa wopuzo olu namandhla endhlini engcwele. 8 Enye imvana wo yi nikela se li shona ilanga; njengomnikelo wempupu wa kusasa, nomnikelo wokupuzwa wawo, u ya kuyinikela i be umnikelo owenziwa ngomlilo, ulwasi olumnandi ku Jehova.

9 Ngosuku lwesabata izimvana zezinduna ezimbili ezi nge na sici ezi nomnyaka munye, nokweshumi okubili kweefa lempupu ecolekileyo ku be umnikelo wempupu, e xovwe namafuta, nomnikelo wokupuzwa wawo: 10 loku ku ngumnikelo oshiswayo wamasabata onke, ngapandhle kwomnikelo wokutunqiswa wa futi, nomnikelo wokupuzwa wawo.

11 Na sekuqaleni kwezinyanga zenu, ni ya kunikela umnikelo oshiswayo ku Jehova: amaduna amabili amatole enkomo, nenqama i benye, nezimvana zezinduna ezi isikombisa ezi nge na sici ezi nomnyaka munye; 12 nokweshumi okutatu kweefa lempupu ecolekileyo ku be umnikelo wempupu e xovwe namafuta, ngeduna nga linye; nokweshumi okubili kwempupu ecolekileyo ku be umnikelo wempupu e xovwe namafuta ngenqama nga inye; 13 nokweshumi kwempupu ecolekileyo i xovwe namafuta ku be umnikelo wempupu wemvana nga inye; ku be umnikelo oshiswayo wolwasi olumnandi, umnikelo owenziwa ngomlilo ku Jehova. 14 Iminikelo yazo yokupuzwa i ya kuba inxenye yehini lewayini ngeduna, nokwesitatu kwehini ngenqama, nokwesine kwehini ngemvana: loku ku ngumnikelo oshiswayo wezinyanga ngezinyanga ezinyangeni zomnyaka. 15 Nempongo i benye i be umnikelo wokwona ku Jehova; i ya kunikelwa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ngapandhle kwomnikelo oshiswayo wa futi nomnikelo wokupuzwa wawo.

16 Ngenyanga yokuqala ngosuku lweshumi nane lwenyanga ku ipasika li ka Jehova. 17 Ngosuku lweshumi nesihlanu lwa le nyanga ko ba umkosi: ku ya kudhliwa isinkwa esi nge na mvubelo izinsuku ezi isikombisa. 18 Ngosuku lokuqala ko ba kona imbizo engcwele: ni nga sebenzi umsebenzi wesitukutuku; 19 ni ya kunikela umnikelo owenziwa ngomlilo u be umnikelo oshiswayo ku Jehova; amaduna amabili, nenqama inye, nezimvana zezinduna ezi isikombisa ezi nomnyaka munye; zi za kuba ezi nge na sici kini; 20 umnikelo wazo wempupu impupu ecolekileyo i xovwe namafuta: okweshumi okutatu ni ya kunikela ngeduna, okweshumi okubili ngenqama; 21 okweshumi u ya kukunikela ngemvana nga inye, kuzo izimvana ezi isikombisa; 22 nempongo i benye, i be umnikelo wokwona wokunihlaulela. 23 Ni ya kunikela loku ngapandhle kwomnikelo oshiswayo wa kusasa, o ngumnikelo oshiswayo wa futi. 24 Kanjaloke ni ya kunikela imihla ngemihla izinsuku ezi isikombisa, ukudhla kwomnikelo owenziwa ngomlilo, ulwasi olumnandi ku Jehova: ko nikelwa ngapandhle kwomnikelo oshiswayo wa futi, nomnikelo wokupuzwa wawo. 25 Ngosuku lwesikombisa no ba nembizo engcwele; ni nga sebenzi umsebenzi wesitukutuku.

26 Futi ngosuku lwolibo, lapa ni nikela umnikelo omusha wempupu ku Jehova, emkosini wenu wamasonto, no ba nembizo engcwele; ni nga sebenzi umsebenzi wesitukutuku: 27 ni ya kunikela umnikelo oshiswayo u be ulwasi olumnandi ku Jehova; amaduna amabili, inqama i benye, nezimvana zezinduna ezi isikombisa ezi nomnyaka munye; 28 nomnikelo wazo wempupu, impupu ecolekileyo i xovwe namafuta, okweshumi okutatu ngeduna nga linye, okweshumi okubili ngenqama inye, 29 okweshumi ngemvana nga inye kuzo izimvana ezi isikombisa; 30 nempongo i benye, ukunihlaulela. 31 Ngapandhle kwomnikelo oshiswayo wa futi, nomnikelo wempupu wawo, ni ya kunikela lezi (zi ya kuba ezi nge na sici kini,) neminikelo yokupuzwa yazo.

29 Na ngenyanga yesikombisa, ngosuku lokuqala lwenyanga, no ba nembizo engcwele; ni nga sebenzi umsebenzi wesitukutuku: ku ngusuku lokuhlokomisa amacilongo kinina. 2 Ni ya kunikela umnikelo oshiswayo, u be ulwasi olumnandi ku Jehova: iduna li be linye, itole lenkomo, inqama i benye, nezimvana zezinduna ezi isikombisa ezi nomnyaka munye, ezi nge na sici; 3 nomnikelo wazo wempupu, impupu ecolekileyo i xovwe namafuta, okweshumi okutatu ngeduna, nokweshumi okubili ngenqama, 4 nokweshumi ngemvana nga inye, kuzo izimvana ezi isikombisa; 5 nempongo i benye i be umnikelo wokwona, ukunihlaulela; 6 ngapandhle kwomnikelo oshiswayo wokutwasa kwenyanga, nomnikelo wempupu wawo, nomnikelo oshiswayo wa futi, nomnikelo wempupu wawo, neminikelo yokupuzwa yayo, njengesiko layo, ku be ulwasi olumnandi, umnikelo owenziwa ngomlilo ku Jehova.

7 Na ngosuku lweshumi lwa le nyanga yesikombisa a no ba nembizo engcwele; ni ya kutobisa imipefumulo yenu: ni nga sebenzi umsebenzi noma imupi; 8 ni ya kunikela umnikelo oshiswayo ku Jehova, u be ulwasi olumnandi: iduna li be linye, itole lenkomo, nenqama i benye, nezimvana zezinduna ezi isikombisa ezi nomnyaka munye; zo ba ezi nge na sici kini; 9 nomnikelo wempupu wazo, impupu ecolekileyo i xovwe namafuta, okweshumi okutatu ngeduna, nokweshumi okubili ngenqama inye, 10 okweshumi ngemvana nga inye, kuzo izimvana ezi isikombisa: 11 nempongo i benye i be umnikelo wokwona; ngapandhle kwomnikelo wokwona wokuhlaulela, nomnikelo oshiswayo wa futi, nomnikelo wempupu wawo, neminikelo yayo yokupuzwa.

12 Na ngosuku lweshumi nesihla-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Iminikelo ngosuku lokuhlaulela nomkosi wamadokodo.

nu lwenyanga yesikombisa, a no ba nembizo engcwele; ni nga sebenzi umsebenzi wesitukutuku, ni gcine umkosi ku Jehova izinsuku ezi isikombisa: 13 ni ya kunikela umnikelo oshiswayo, umnikelo owenziwa ngomlilo, wolwasi olumnandi ku Jehova; amaduna a ishumi nantatu, amatole ezinkomo, nezinqama ezimbili, nezimvana zezinduna ezi ishumi nane ezi nomnyaka munye; zi nga bi na sici; 14 nomnikelo wazo wempupu, impupu ecolekileyo i xovwe namafuta, okweshumi okutatu ngeduna kuwo amaduna a ishumi nantatu, okweshumi okubili ngenqama nga inye, kuzo izinqama ezimbili, 15 okweshumi ngemvana nga inye kuzo izimvana ezi ishumi nane: 16 nempongo i benye i be umnikelo wokwona; ngapandhle kwomnikelo oshiswayo wa futi, umnikelo wempupu wawo nomnikelo wokupuzwa wawo.

17 Ngosuku lwesibili ni ya kunikela amaduna a ishumi nambili, amatole ezinkomo, nezinqama ezimbili, nezimvana zezinduna ezi ishumi nane ezi nomnyaka munye ezi nge na sici; 18 nomnikelo wazo wempupu neminikelo yokupuzwa yazo, owamaduna, nowezinqama, nowezimvana, njengomumo wazo njengesiko: 19 nempongo i benye i be umnikelo wokwona, ngapandhle kwomnikelo oshiswayo wa futi, nomnikelo wempupu wawo, neminikelo yokupuzwa yawo.

20 Ngosuku lwesitatu amaduna a ishumi nanye, izinqama ezimbili, nezimvana zezinduna ezi ishumi nane ezi nomnyaka munye ezi nge na sici; 21 nomnikelo wazo wempupu neminikelo yokupuzwa yazo, owamaduna, nowezinqama, nowezimvana, njengomumo wazo, njengesiko; 22 nempongo i benye i be umnikelo wokwona; ngapandhle kwomnikelo oshiswayo wa futi, nomnikelo wempupu wawo nomnikelo wokupuzwa wawo.

23 Ngosuku lwesine amaduna a ishumi, nezinqama ezimbili, nezimvana zezinduna ezi ishumi nane ezi nomnyaka munye ezi nge na sici; 24 umnikelo wazo wempupu, neminikelo yazo yokupuzwa, owamaduna, nowezinqama, nowezimvana, njengomumo wazo, njengesiko; 25 nempongo i benye i be umnikelo wokwona; ngapandhle kwomnikelo oshiswayo wa futi, umnikelo wempupu wawo, nomnikelo wokupuzwa wawo.

26 Ngosuku lwesihlanu amaduna a isishiyangalolunye, izinqama ezimbili, nezimvana zezinduna ezi ishumi nane ezi nomnyaka munye ezi nge na sici; 27 nomnikelo wazo wempupu, neminikelo yokupuzwa yazo owamaduna, nowezinqama, nowezimvana, njengomumo wazo, njengesiko; 28 nempongo i benye i be umnikelo wokwona; ngapandhle kwomnikelo oshiswayo wa futi, nomnikelo wempupu wawo, nomnikelo wokupuzwa wawo.

29 Ngosuku lwesitupa amaduna a isishiyangalombili, izinqama ezimbili, nezimvana zezinduna ezi ishumi nane ezi nomnyaka munye ezi nge na sici; 30 nomnikelo wazo wempupu, neminikelo yokupuzwa yazo owamaduna, nowezinqama, nowezimvana, njengomumo wazo, njengesiko; 31 nempongo i benye i be umnikelo wokwona; ngapandhle kwomnikelo oshiswayo wa futi, umnikelo wempupu wawo, neminikelo yokupuzwa yayo.

32 Ngosuku lwesikombisa amaduna a isikombisa, izinqama ezimbili, nezimvana zezinduna ezi ishumi nane ezi nomnyaka munye ezi nge na sici; 33 nomnikelo wempupu wazo, neminikelo yokupuzwa yazo owamaduna, nowezinqama, nowezimvana, njengomumo wazo, njengesiko, 34 nempongo i benye i be umnikelo wokwona; ngapandhle kwomnikelo oshiswayo wa futi, umnikelo wempupu wawo, nomnikelo wokupuzwa wawo.

35 Ngosuku lwesishiyangalombili a no ba nomhlangano ozotlleyo; ni nga sebenzi umsebenzi wesitukutuku; 36 ni ya kunikela umnikelo oshiswayo, umnikelo owenziwa ngomlilo wolwasi olumnandi ku Jehova; iduna li be linye, inqama i benye, izimvana zezinduna ezi isikombisa ezi nomnyaka munye ezi nge na sici; 37 umni-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umteto wezitembiso.

kelo wempupu wazo, neminikelo yokupuzwa yazo oweduna, nowenqama, nowezimvana, i ya kuba njengomumo wazo, njengesiko: 38 nempongo i benye i be umnikelo wokwona; ngapandhle kwomnikelo oshiswayo wa futi, nomnikelo wempupu wawo, nomnikelo wokupuzwa wawo.

39 Loku ni ya kukunikela ku Jehova emikosini yenu emisiweyo, ngapandhle kwezitembiso zenu, neminikelo yenu yesihle, ngeminikelo yenu eshiswayo, na ngeminikelo yenu yempupu, na ngeminikelo yenu yokupuzwa, na ngeminikelo yenu yokutula. 40 UMoses wa ba tshelake aba kwa Israeli njengako konke uJehova a m yala ngako uMoses.

30 UMoses wa kuluma kwaba izinhloko zezizwe zaba kwa Israeli, wa ti, Yiloku akuyalileyo uJehova. 2 Uma indoda i tembisa ngesitembiso ku Jehova, noma i funga ngesifungo ukuba i bope umpefumulo wayo ngesibopo, a i yi kulapula izwi layo; i ya kwenza njengako konke okupumayo emlonyeni wayo. 3 Futi uma owesifazana e tembisa ngesitembiso ku Jehova, e zibopa ngesibopo, e sendhlini ka yise, e se musha, 4 uyise e si zwa isitembiso sake, nesibopo a bope ngaso umpefumulo wake, uyise a tule kuye; ko ti izitembiso zake zonke zi me, nezibopo zonke a bope ngazo umpefumulo wake zi me. 5 Kodwa uma uyise e m nqabela ngosuku lokuzwa kwake loko; a zi yi kuma zonke izitembiso zake nezibopo zake a bope ngazo umpefumulo wake: uJehova u ya kumtetelela, ngokuba uyise u m nqabele.

6 Uma e gana indoda izitembiso zake zi pezu kwake, mhlaumbe ukupahluka kwomlomo wake, a bopa ngako umpefumulo wake, 7 indoda yake i ku zwa loko, i tule kuye ngosuku ezwa ngalo loko; ko ti zi me izitembiso zake, nezibopo a bope ngazo umpefumulo wake, zi me. 8 Kodwa uma indoda yake i m nqabela ngosuku lokuzwa kwayo loko; ko ti i shafise isitembiso sake esi pezu kwake, nokupahluka kwomlomo wake a bope ngako umpefumulo wake: uJehova u ya kumtetelela.

9 Kodwa isitembiso somfelokazi, naye o lahlwe indoda, konke a bope ngako umpefumulo wake ku ya kuma pezu kwake. 10 Uma e tembise endhlini yendoda yake, mhlaumbe e bope umpefumulo wake ngesibopo sokufunga, 11 indoda i ku zwa, ya tula kuye, a ya m nqabela; ko ti izitembiso zonke zake zi me, nezibopo zonke a bope ngazo umpefumulo wake zi ya kuma. 12 Kodwa uma indoda yake i zi shafise nokuzishafisa ngosuku lokuzizwa kwayo; ko ti okupumayo emlonyeni wake ngezitembiso zake, na ngesibopo sompefumulo wake, ku nge mi: indoda yake i zi shafisile; uJehova u ya kumtetelela.

13 Zonke izitembiso, nezifungo zonke ezibopayo zokutobisa umpefumulo, indoda yake i nga zi misa, indoda i nga zi shafisa. 14 Kodwa uma indoda yake i tula nokutula kuye imihla ngemihla; i ya zi qinisake zonke izitembiso zake, nezibopo zake, ezi pezu kwake: i zi misile ngokuba i tulile ngosuku lokuzizwa kwayo. 15 Kodwa uma i zi shafisa nokuzishafisa i si zi zwile; konake i ya kutwala icala lake. 16 Yilezi izimiso uJehova a m yala ngazo uMoses, pakati kwendoda nomkayo, pakati ku ka yise nendodakazi, yona i sentsha endhlini ka yise.

31 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 2 Pindisela aba kwa Israeli ku maMidiyan: emva kwa loko u ya kwelekelwa ku bantu ba kini. 3 UMoses wa kuluma ku bantu, wa ti, Ma ku hlome abanye pakati kwenu, ba hlasele UMidiyan ba pindisele uJehova ku Midiyan. 4 Ku be ileso sizwe njalo inkulungwane, kuzo izizwe zonke za kwa Israeli ni ba hlaselise impi. 5 Kwa pumake ezinkulungwaneni za kwa Israeli, kwa ileso sizwe inkulungwane, izinkulungwane ezi ishumi nambili zi hlomiselwe impi. 6 UMoses wa ba hlaselisa, kwa ileso sizwe inkulungwane, bona noFinehasi ka Elazare umpristi, empini, nezimpahla zendhlu engcwe-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukucekwa kwamaMidiyan. Ukwabiwa kwempango.

le namacilongo okuhlab'umkosi esandhleni sake. 7 Ba lwa noMidiyan, njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses; ba bulala abesilisa bonke. 8 Ba bulala amakosi a kwa Midiyan, kanye nababuleweyo bawo; uEvi, noRekem, noZure, noHure, noReba, amakosi a isihlanu a kwa Midiyan: noBalam ka Behore ba m bulala ngenkemba. 9 Aba kwa Israeli ba tumba abesifazana ba kwa Midiyan nezingane zabo; nezinkomo zonke zabo, nemfuyo yonke yabo, nempahla yonke yabo ba ku panga. 10 Ba yi shisa yonke imizi yabo lapo ba b'ake kona, namakamu onke abo ngomlilo. 11 Ba yi tata yonke impango nayo yonke impahla edhliweyo, abantu nezilwane. 12 Ba leta abatunjwa, nempahla edhliweyo nempango, ku Moses, na ku Elazare umpristi, na senhlanganweni yaba kwa Israeli, ekamu ematafeni a kwa Moabe a nga seJordan eJeriko.

13 UMoses, noElazare umpristi, nazo zonke izikulu zenhlangano, za puma ukubahlangabeza ngapandhle kwekamu. 14 UMoses wa ba tukutelela abapati bempi, izinduna zezinkulungwane nezinduna zamakulu, eza vela ekulweni impi. 15 UMoses wa ti kuzo, Isifazana sonke ni si sindisile na? 16 Bheka, yilaba ab'enza ukuba aba kwa Israeli ba pambuke ku Jehova, ngezwi li ka Balam endabeni ka Pehore, sa ba kona isifo enhlanganweni ka Jehova. 17 Manjeke bulalani sonke isilisa ezinganeni, ni bulale nabesifazana bonke aba ke ba hlangana nendoda ngokulala nayo. 18 Kodwa onke amantombazana a nga ka hlangani nandoda ngokulala nayo, zisindiseleni wona. 19 Ni ngenise ngapandhle kwekamu izinsuku ezi isikombisa: ku ti o bulele umuntu, notintileyo obuleweyo, ni zipotule ngosuku lwesitatu, na ngosuku lwesikombisa, nina kanye nabatunjwa benu. 20 Ngezingubo zonke, na ngempahla yonke yezikumba, na ngako konke okwenziwe ngoboya bezimbuzi, na ngempahla yonke yomuti, ma ni zipotule.

21 UElazare umpristi wa ti emadodeni okulwa a e pume impi, Loku ku isimiso somteto uJehova a m yala uMoses ngaso: 22 nokoke igolide, nesiliva, netusi, nensimbi, netini, nomtofu, 23 konke oku nga ngena emlilweni, ni ya kukudabulisa emlilweni ku hlambululeke; noko ma ku potulwe ngamanzi okucola: konke oku nge na kungena emlilweni, ni ya kukudabulisa emanzini. 24 Ngosuku lwesikombisa ma ni geze izingubo zenu, ni hlambululeke; andubake ni ngene ekamu.

25 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 26 Hlanganisa ubuningi bempahla etunjiweyo e ngabantu ne yizilwane, wena, noElazare umpristi, nezinhloko za oyise zenhlangano; 27 w'ahlukanise impahla kabili: pakati kwaba funde ukulwa abe be pume impi, nayo yonke inhlangano. 28 U telisele uJehova amadoda okulwa a be pume impi: ku be umpefumulo munye emakuiwini a isihlanu, ku bantu na sezinkomeni, na sezimbongolweni, na sezimvwini: 29 ku tateni enxenyeni yabo, ni ku nike uElazare umpristi, i be umnikelo wokupakanyiswa ku Jehova. 30 Enxenyeni yaba kwa Israeli, ni tate ku be kunye ku kishwe emashumini a isihlanu, ku bantu na sezinkomeni, na sezimbongolweni, na sezimvwini, yebo ezilwaneni zonke, ni ku nike abaLevi aba londa isilondolozelo setabanekele li ka Jehova. 31 UMoses noElazare umpristi b'enza njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses.

32 Impahla eya i sele yempango eya pangwa abantu bempi, ya i izimvu ezi izinkulungwane ezi ngamakulu a isitupa nezinkulungwane ezi ngamashumi a isikombisa nezinkulungwane ezi isihlanu, 33 nezinkomo ezi izinkulungwane ezi ngamashumi a isikombisa nambili, 34 nezimbongolo ezi izinkulungwane ezi ngamashumi a isitupa nanye, 35 nabantu bonke aba izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu nambili, abesifazana aba be nga hlanganganga nandoda ngokulala nayo. 36 Umumo wenxenye, eya i

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

isabelo sabo aba be pume impi, wa u izimvu ezi izinkulungwane ezi ngamakulu amatatu nezinkulungwane ezi ngamashumi amatatu nezinkulungwane ezi isikombisa namakulu a isihlanu: 37 intela ka Jehova yezimvu ya i ngamakulu a isitupa namashumi a isikombisa nesihlanu. 38 Izinkomo za zi izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu nesitupa; intela ka Jehova ku loko ya i amashumi a isikombisa nambili. 39 Izimbongolo za zi izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu namakulu a isihlanu; intela ka Jehova ku loko ya i ngamashumi a isitupa nanye. 40 Abantu ba be izinkulungwane ezi ishumi nesitupa; intela ka Jehova ku loko ya i abantu aba ngamashumi amatatu nambili. 41 UMoses wa m nika uElazare umpristi intela eya i umnikelo wokupakanyiswa ka Jehova, njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses.

42 Enxenyeni yaba kwa Israeli ey'ahlukaniswa nguMoses neyamadoda empi 43 (inxenye eya i eyenhlangano ya i izimvu ezi izinkulungwane ezi ngamakulu amatatu nezinkulungwane ezi ngamashumi amatatu nezinkulungwane ezi isikombisa, namakulu a isihlanu, 44 nezinkomo ezi izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu nesitupa, 45 nezimbongolo ezi izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu namakulu a isihlanu, 46 nabantu aba izinkulungwane ezi ishumi nesitupa), 47 enxenyeni yaba kwa Israeli, uMoses wa tata kwa kunye njalo ku kishwe emashumini a isihlanu, ku bantu na sezilwaneni, wa ku nika aba-Levi aba londa isilondolozelo setabanekele li ka Jehova; njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses.

48 Abapati bezinkulungwane zempi, izinduna zezinkulungwane, nezinduna zamakulu, za sondela ku Moses; 49 za ti ku Moses, Izinceku zako zi hlanganisile ubuningi bamadoda okulwa a pansi kwesandhla setu, a kwa silala neyodwa. 50 Si s'etulile isetulo si ka Jehova, loko akutolileyo umuntu, impahla yegolide, izigqizo, namasongo, nezindandato, namacici, namasinda, ukuba ku hlaulelwe imipefumulo yetu ngapambi ku ka Jehova. 51 uMoses noElazare umpristi ba li tata igolide ku bona, yonke impahla esetshenziweyo. 52 Igolide lonke lomnikelo wokupakanyiswa abalipakamisayo ku Jehova, lezinduna zezinkulungwane, nezinduna zamakulu, la li amashekeli a izinkulungwane ezi ishumi nesitupa, namakulu a isikombisa namashumi a isihlanu. 53 (Ngokuba amadoda empi a e zipangele kwa ileyo ngokwayo.) 54 UMoses noElazare umpristi ba li tata igolide lezinduna zezinkulungwane nezinduna zamakulu, ba li ngenisa etenteni lokuhlangana, li be isikumbuzo kwaba kwa Israeli ngapambi ku ka Jehova.

32 Aba kwa Ruben naba kwa Gadi ba be nemfuyo eningi kakulu impela: ba ti ukulibona izwe la seJazeri, nezwe la seGiliyadi, ukuba indawo i indawo yezinkomo; 2 aba kwa Gadi naba kwa Ruben b'eza ba kuluma ku Moses, na ku Elazare umpristi, na kuzo izikulu zenhlangano, be ti, 3 IAtaroti, neDibon, neJazeri, neNimra, neHeshbon, neElale, neSebam, neNebo, neBeon, 4 izwe alicitayo uJehova ngapambi kwenhlangano ya kwa Israeli, li izwe lemfuyo; izinceku zako zi nemfuyo. 5 Ba ti ke uma si nesasasa kuwe, ma zi nikwe leli zwe izinceku zako li be ifa lazo; ni nga si welisi iJordan.

6 UMoses wa ti kubo aba kwa Gadi naba kwa Ruben, Kanti abafo wenu ba zo puma impi, nina ni hlezi lapa na? 7 Yini ukuba ni danise inhliziyo yaba kwa Israeli ukuba ba nga weleli ezweni aba piwa lona nguJehova na? 8 Oyihlo benu b'enze njalo ekubatumeni kwami, b'esuka eKadeshe-barneha ukuba ba bone izwe. 9 Ngokuba ekwenyukeleni kwabo esihlanjeni sa seEshkoli, ba li bona izwe ba danisa inhliziyo yaba kwa Israeli, ukuba ba nga ngeni ezweni aba li piwa nguJehova. 10 Ulaka lu ka Jehova lwa vuta nga lolo suku, wa funga wa ti, 11 Impela ku

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

URuben noGadi nenxenye yaba kwa Manase baka eGiliyadi.

laba bantu ab'enyuka Egipite, ku qala kwaba neminyaka e ngamashumi amabili ku ya kwaba nengapezulu, noyedwa o ya kulibona izwe enga li fungela ku Abraham, noIsaka, noJakobe; ngokuba a ba ngi landelanga ngokupeleleyo: 12 kupela uKalebi ka Jefune umKenizi, noJoshua ka Nun; ngokuba bona ba m landela uJehova ngokupeleleyo. 13 Ulaka lu ka Jehova lwa vuta nga kwaba kwa Israeli, wa ba zulisa ehlane iminyaka e ngamashumi amane, sa ze sa qedwa sonke isizukulwane es'enza okubi emehlweni ka Jehova. 14 Bhekani, se ku vele endaweni ya oyihlo, inzalo yabantu abonayo, ukuba n'engezele futi ulaka oluvutayo lu ka Jehova ku Israeli. 15 Ngokuba uma ni buya ekumlandeleni, u ya kubuya a ba shiye futi ehlane; ni za kububisa bonke laba bantu.

16 Ba se be sondela kuye, ba ti, Si ya kwaka lapa izibaya zemfuyo yetu, nemizi yezingane zetu: 17 kodwa tina so shesha si hlome si ye ngapambi kwaba kwa Israeli, si ze si ba yise endaweni yabo; izingane zetu zi hlale emizini ebiyelweyo ngenxa yabakileyo ezweni. 18 A si yi kubuyela ezindhlini zetu, aba kwa Israeli be nga ka dhli ilowo ifa lake. 19 Ngokuba a si yi kulidhla ifa kanye nabo ngapesheya kweJordan na ngapambili; ngokuba eletu ifa li ze kitina nganeno kweJordan, nga sempumalanga.

20 Wa ti uMoses ku bona, Uma ni za kuyenza le nto, uma ni za kuhloma ukuba ni pume impi ngapambi ku ka Jehova, 21 bonke abahlomileyo kinina ba wele iJordan pambi ku ka Jehova a ze a xoshe izita zake pambi kwake, 22 nezwe l'ahlulwe pambi ku ka Jehova: kamva ni ya kubuya, ni nga bi nacala pambi ku ka Jehova na pambi ku ka Israeli; leli zwe li ya kuba ifa kinina pambi ku ka Jehova. 23 Kodwa uma ni nga kwenzi loko, bhekani, n'onile ku Jehova; n'azi impela ukuba isono senu so ni fumana. 24 Yakani imizi yezingane zenu; nezibaya zezimvu zenu; ni kwenze loko okupumileyo emlonyeni wenu. 25 Aba kwa Gadi naba kwa Ruben ba kuluma ku Moses, ba ti, Izinceku zako zo kwenza njengokuyala kwenkosi yami. 26 Izingane zetu, nabafazi betu, nemfuyo yetu, nezinkomo zetu zonke, zi ya kuba lapo emizini ya kwa Giliyadi; 27 kodwa izinceku zako zo wela, bonke aba hlomele ukulwa, pambi ku ka Jehova empini njengokusho kwenkosi yami.

28 UMoses wa yala uElazare umpristi, noJoshua ka Nun, nezinhloko zezindhlu za oyise zezizwe zaba kwa Israeli ngabo. 29 UMoses wa ti ku bona, Uma aba kwa Gadi naba kwa Ruben be wela nani iJordan, bonke aba hlomele impi, pambi ku ka Jehova, nezwe l'ahlulwe ngapambi kwenu; konake no ba nika izwe la kwa Giliyadi li be ifa labo: 30 kodwa uma be nga weli nani be hlomile, ba ya kuba nefa pakati kwenu ezweni la kwa Kanan. 31 Aba kwa Gadi naba kwa Ruben ba pendula, ba ti, Njengokusho ku ka Jehova ezincekwini zako, so kwenze njalo. 32 Si za kuwela si hlomile pambi ku ka Jehova si ye ezweni la kwa Kanan, ukuze izwe lefa letu eli ngapesheya kweJordan li be eletu.

33 UMoses wa ba nika aba kwa Gadi naba kwa Ruben nenxenye yesizwe sa kwa Manase ka Josefa, umbuso ka Sihon inkosi yamaAmori nombuso ka Ogi inkosi ya seBashan, izwe, ngokwemizi yalo nemikaulo yayo, yona imizi e sezweni li lonke. 34 Aba kwa Gadi b'aka iDibon, neAtaroti, neArohere, 35 neAtroti-shofan, neJazeri, neJogebeha, 36 neBete-nimra, neBete-haran; imizi ebiyelweyo, nezibaya zezimvu. 37 Aba kwa Ruben b'aka iHeshbon, neElale, neKiriyatayim, 38 neNebo, neBale-meon, (amagama a pendulwa), neSibma; ba ta imizi abayakayo amanye amagama. 39 Aba kwa Makiri ka Manase ba ya kwa Giliyadi, ba li dhla, ba xosha amaAmori a be kulo. 40 UMoses wa m nika uMakiri ka Manase ela kwa Giliyadi; wa hlala kulo. 41 UJahire ka Manase wa hamba wa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

yi dhla imizana ya kona, wa yi qamba ngokuti iHavoti-jahire. 42 UNoba wa hamba wa dhla iKenati, nemizana yalo, wa li qamba ngokuti iNoba, ngegama lake.

33 Yiloku ukuhamba kwaba kwa Israeli, ekupumeni kwabo ezweni la sEgipite ngezimpi zabo, pansi kwesandhla si ka Moses noAron. 2 UMoses wa loba ukupuma kwabo njengokuhamba kwabo ngezwi li ka Jehova: yiloku ukuhamba kwabo njengokupuma kwabo. 3 Ba suka eRameses ngenyanga yokuqala, ngosuku lweshumi nesihlanu lwenyanga yokuqala; ngosuku olwa landela ipasika aba kwa Israeli ba puma ngesandhla esipakemeyo emehlweni abo bonke ba sEgipite, 4 aba sEgipite be sa mbela amazibulo onke abo, a bulawa uJehova ku bona: na konkulunkulu babo uJehova w'enza izahlulelo.

5 Aba kwa Israeli b'esuka eRameses, ba ngenisa eSukoti. 6 B'esuka eSukoti, ba ngenisa eEtam, eli secaleni kwehlane. 7 B'esuka eEtam, ba buyela ePi-hahiroti, eli ngapambi kweBale-zefon, ba ngenisa ngapambi kweMigedoli. 8 B'esuka ngapambi kweHahiroti, ba dabula pakati kwolwandhle ba ya ehlane, ba hamba ibanga lezinsuku ezintatu ehlane la seEtam, ba ngenisa eMara. 9 B'esuka eMara, ba fika eElim: eElim kwa ku kona imitombo yamanzi a ishumi nambili, nemiti yesundu e ngamashumi a isikombisa; ba ngenisa kona. 10 B'esuka eElim, ba ngenisa nga soLwandhle oluBomvu. 11 B'esuka oLwandhle oluBomvu, ba ngenisa ehlane la seSin. 12 B'esuka ehlane la seSin, ba ngenisa eDofeka. 13 B'esuka eDofeka, ba ngenisa eAlushi. 14 B'esuka eAlushi, ba ngenisa eRefidim, lapo kwa ku ngeko manzi ukuba abantu ba puze. 15 B'esuka eRefidim, ba ngenisa ehlane la seSinayi; 16 B'esuka ehlane la seSinayi, ba ngenisa eKibrotihatava. 17 B'esuka eKibroti-hatava, ba ngenisa eHazeroti. 18 B'esuka eHazeroti, ba ngenisa eRitema. 19 B'esuka eRitema, ba ngenisa eRimon-pereze. 20 B'esuka eRimonpereze, ba ngenisa eLibena. 21 B'esuka eLibena, ba ngenisa eRisa. 22 B'esuka eRisa, ba ngenisa eKehelata. 23 B'esuka eKehelata, ba ngenisa entabeni iSheferi. 24 B'esuka entabeni iSheferi, ba ngenisa eHarada. 25 B'esuka eHarada, ba ngenisa eMakeloti. 26 B'esuka eMakeloti, ba ngenisa eTahati. 27 B'esuka eTahati, ba ngenisa eTera. 28 B'esuka eTera, ba ngenisa eMiteka. 29 B'esuka eMiteka, ba ngenisa eHashemona. 30 B'esuka eHashemona, ba ngenisa eMoseroti. 31 B'esuka eMoseroti, ba ngenisa eBene-jakan. 32 B'esuka eBene-jakan, ba ngenisa eHori-hagidegadi. 33 B'esuka eHori-hagidegadi ba ngenisa eJotebata. 34 B'esuka eJotebata, ba ngenisa eAbrona. 35 B'esuka eAbrona, ba ngenisa eEziyon-gebere. 36 B'esuka eEziyon-gebere, ba ngenisa ehlane la seZin, (eli iKadeshe). 37 B'esuka eKadeshe, ba ngenisa entabeni iHori, ecaleni kwezwe la kwa Edom.

38 UAron umpristi w'enyukela entabeni iHori ngezwi li ka Jehova, wa fa kona, ngomnyaka wamashumi amane emva kwokupuma kwaba kwa Israeli: ezweni la sEgipite ngenyanga yesihlanu, ngosuku lokuqala lwenyanga. 39 UAron wa e neminyaka e ikulu namashumi amabili nantatu mhla e fayo entabeni iHori.

40 UmKanan inkosi ya seAradi, owa be akile eNingizimu ezweni la kwa Kanan, w'ezwa ngokufika kwaba kwa Israeli.

41 B'esuka entabeni iHori, ba ngenisa eZalemona. 42 B'esuka eZalemona, ba ngenisa ePunon. 43 B'esuka ePunon, ba ngenisa eOboti. 44 B'esuka eOboti, ba ngenisa eIye-abarim emkaulweni wa kwa Moabe. 45 B'esuka eIyim, ba ngenisa eDibongadi. 46 B'esuka eDibon-gadi, ba ngenisa eAlemon-diblatayim. 47 B'esuka eAlemon-diblatayim, ba ngenisa ezintabeni za seAbarim, ngapambi kweNebo. 48 B'esuka ezintabeni za seAbarim, ba ngenisa ematafe-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UMoses u yalwa ngokunqotshwa nokwabiwa kwezwe.

ni a kwa Moabe nga seJordan eJeriko. 49 Ba ngenisa nga seJordan, ku suka eBete-jeshimoti kwa ze kwa fika eAbel-shitim ematafeni a kwa Moabe.

50 UJehova wa kuluma ku Moses ematafeni a kwa Moabe nga seJordan eJeriko, e ti, 51 Kuluma kwaba kwa Israeli, u ti kubo, Ekuweleni kwenu iJordan ni fika ezweni la kwa Kanan, 52 ko ti ni xoshe bonke abakileyo ku leli zwe ngapambi kwenu, ni bulale onke amatshe a nemifanekiso, ni bulale nezitombe zabo zonke ezibunjiweyo, ni bidhlize zonke izindawo zabo ezipakemeyo: 53 ni ya kulidhla izwe n'ake kulo; ngokuba ngi ni nikile izwe ukuba ni li dhle. 54 Ni ya kulidhla ubufa izwe ngenkato ngokwemindeni yenu; ni nike abaningi ifa elikulu, aba ingcozana ni ba nike ifa elincane; lapa i wa kona inkato yomuntu ko ba elake; ni dhle ifa ngokwezizwe za oyihlo. 55 Kodwa uma ni nga ba xoshi abakileyo bezwe ngapambi kwenu, ko ti bona eni ba yeka ba sale, ba be izibi emehlweni enu, nameva ezinhlangotini zenu, ba ni hlupe ezweni en'ake kulo. 56 Ko ti, mina ng'enze kinina loko e be ngi hlose ukukwenza ku bona.

34 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 2 Yala aba kwa Israeli, u ti kubo, Nxa se ni fikile ezweni la kwa Kanan, (leli li izwe eli ya kuba elenu li be ifa, izwe la kwa Kanan ngokwemikaulo yalo), 3 ko ti icala lenu la seningizimu li suke ehlane la seZin li gudhle ela kwa Edom; umkaulo wenu wa seningizimu u ya kusuka ekugcineni koLwandhle lu ka Saoti u ye nga sempumalanga; 4 umkaulo wenu u ya kubuya nga seningizimu kwentuba yokwenyuka ye-Akrabim, u dhlulele eZin: ukupumela kwawo ku be nga seningizimu kwe-Kadeshe-barneha; u ya kupuma ukuya eHazare-adare u dhlulele eAzemon; 5 umkaulo u ya kubuya eAzemon u ye emfulaneni wa seGipite, ukupumela kwawo ku be selwandhle.

6 Umkaulo wa sentshonalanga u ya kuba ulwandhle olukulu nomkaulo walo; loku ku ya kuba umkaulo wenu wa sentshonalanga.

7 Umkaulo wenu wa senyakato u ya kuba iloku: ku suka elwandhle olukulu ni ya kwenza umudwa ngentaba iHori; 8 ku suka entabeni iHori, ni ya kwenza umudwa ku ze ku be sekungeneni kweHamati; ukupumela kwomkaulo ku be seZedada: 9 umkaulo u ya kupuma ukuya eZifron, ukupumela kwawo ku be seHazare-enan: loku ku ya kuba umkaulo wenu wa senyakato.

10 Ni ya kuzenzela umudwa umkaulo wenu wa sempumalanga ku suka eHazare-enan ku ze ku fike eShefam: 11 umkaulo u suke eShefam w'ehlele eRibela, nga sempumalanga kwe-Ayin; umkaulo w'ehle u fike eceleni lolwandhle iKinereti nga sempumalanga; 12 umkaulo w'ehlele eJordan, ukupumela kwawo ku be seLwandhle lu ka Saoti. Leli li ya kuba izwe lenu ngokwemikaulo yalo inxa zonke.

13 UMoses wa yala aba kwa Israeli, wa ti, Yileli izwe eni ya kulidhla ngenkato, uJehova ayalileyo ukuba li nikwe izizwe ezi isishiyangalolunye, nenxenye yesizwe: 14 ngokuba isizwe saba kwa Ruben, ngokwezindhlu za oyise, nesizwe saba kwa Gadi ngokwezindhlu za oyise, zi l'amukele, nenxenye yesizwe sa kwa Manase si l'amukele ifa laso: 15 izizwe ezimbili na leyo nxenye yesizwe zi l'amukele elazo ifa ngapesheya kweJordan eJeriko nga sempumalanga, la ku puma ngakona ilanga.

16 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 17 Yilawa amagama amadoda a ya kunabela izwe li be ifa: uElazare umpristi, noJoshua ka Nun. 18 Ni ya kutata isikulu si be sinye esizweni, kwabiwe izwe li be ifa. 19 Amagama abantu yilawa: Esizweni sa kwa Juda, uKalebi ka Jefune. 20 Esizweni saba kwa Simeon, uShemuweli ka Amihudi. 21 Esizweni sa kwa Benjamin, uElidade ka Kiselon. 22 Esizweni saba kwa Dan, isi-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kulu esi nguBuki ka Jogeli. 23 Kwaba kwa Josefa esizweni saba kwa Manase, isikulu esi nguHaniyeli ka Efodi. 24 Esizweni saba kwa Efrayim, isikulu esi nguKemuweli ka Shifetan. 25 Esizweni saba kwa Zebulun, isikulu esi nguElizafan ka Parenaki. 26 Esizweni saba kwa Isakare, isikulu esi nguPaltiyeli ka Azan. 27 Esizweni saba kwa Asheri, isikulu esi nguAhihudi ka Shelomi. 28 Esizweni saba kwa Nafetali, isikulu esi nguPedaheli ka Amihudi. 29 Yilaba uJehova abayalayo ukuba b'abele aba kwa Israeli ifa ezweni la kwa Kanan.

35 UJehova wa kuluma ku Moses ematafeni a kwa Moabe nga seJordan eJeriko, wa ti, 2 Yala aba kwa Israeli ukuba ba nike abaLevi ezweni lefa labo imizi ukuba ba hlale kuyo; namadhlelo emizi ayizungezayo ni wa nike abaLevi. 3 Imizi i ya kuba eyabo ukuba ba hlale kuyo; namadhlelo ayo a be awezinkomo zabo, nempahla yabo nezilwane zonke zabo. 4 Amadhlelo emizi eni ya kuwanika abaLevi, ma be izingalo ezi inkulungwane ku suka ogangeni lomuzi ku qibuke inxa zonke. 5 Ni ya kulinganisa ngapandhle kwomuzi izingalo ezi izinkulungwane ezimbili nga sempumalanga, na nga seningizimu izingalo zi be izinkulungwane ezimbili, na nga sentshonalanga izingalo zi be izinkulungwane ezimbili, na nga senyakato izingalo zi be izinkulungwane ezimbili, umuzi u pakati. Loku ku ya kuba amadhlelo emizi yabo. 6 Imizi eni ya kuyinika abaLevi i ya kuba imizi e isitupa yokupepela eni ya kummisela yona umbulali, ukuze a balekele kona; ku leyo n'elekele ngemizi e ngamashumi amane nambili. 7 Imizi yonke eni ya kuyinika abaLevi i ya kuba ngamashumi amane nesishiyangalombili: yona kanye namadhlelo ayo. 8 Imizi eni ya kubanika yona ezweni laba kwa Israeli, kwabaningi ni ya kutata emininga; kwaba ingcozana ni ya kutata e ingcozana: ku be ilowo a nike abaLevi kuyo imizi yake njengefa alidhlayo.

9 UJehova wa kuluma ku Moses, wa ti, 10 Kuluma kwaba kwa Israeli, u ti kubo, Ekuweleni kwenu iJordan ni fika ezweni la kwa Kanan, 11 no zimisela imizi i be imizi yenu yokupepela; ukuze umbulali a balekele kona, o bulala umuntu ngesiposiso. 12 I be imizi yenu yokupepela umpindiseli; ukuze umbulali a nga fi, a ze eme ngapambi kwenhlangano ahlulelwe. 13 Imizi eni ya kubanika yona i ya kuba imizi e isitupa yokupepela. 14 Ni ya kubanika imizi emitatu ngapesheya kweJordan, ni ba nike nemizi emitatu ezweni la kwa Kanan; i be imizi yokupepela. 15 Le mizi e isitupa i ya kuba eyokupepela kwaba kwa Israeli, na kowezizwe note gozololo pakati kwabo; ukuze nobani o bulala umuntu ngesiposiso a balekele kona.

16 Kodwa uma e m shaye ngento yensimbi, wa fa, u ngumbulali: umbulali u ya kubulawa nokubulawa. 17 Uma e m shaye ngetshe ngesandhla a nga fa ngalo umuntu, wa fa, u ngumbulali: umbulali u ya kubulawa nokubulawa. 18 Uma e m shaye ngento yoti ngesandhla a nga fa ngayo umuntu, wa fa, u ngumbulali: umbulali u ya kubulawa nokubulawa. 19 Umpindiseli wegazi yena u ya kubulala umbulali: lapo e hlangana naye u ya kumbulala. 20 Kodwa uma e m hlohloloze ngokuzonda, noma e m ponse e be m qamele, wa fa; 21 mhlaumbe e m shaye ngesandhla sake ngobuta wa fa: yena omshayileyo u ya kubulawa nokubulawa; u ngumbulali; umpindiseli wegazi u ya kumbulala umbulali, lapo e hlangana naye.

22 Kodwa uma e m hlohloloze ngokuzuma bu ngeko ubuta, mhlaumbe e m ponse ngento, e nga m qamelanga, 23 mhlaumbe ngetshe a nga fa ngalo umuntu, e nga m boni, a m jikijele ngalo, wa fa, e nge siso isita sake, e be nga funi ukumlimaza; 24 lapoke inhlangano i ya kwahlulela pakati kwombulali nompindiseli wegazi nga lamasiko; 25 inhlangano i ya kumkulula umbulali esandhleni so-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umteto wababulali; owabesifazana aba dhla ifa.

mpindiseli wegazi, inhlangano i m buyisele emzini wa kubo wokupepela lapo e be balekele kona: a hlale kona a ze a fe umpristi omkulu, ogcotshiweyo ngamafuta angcwele. 26 Kodwa uma umbulali e pumela ngasikatisimbe ngapandhle kwomkaulo womuzi wa kubo wokupepela, lapo e balekele kona, 27 umpindiseli wegazi e m fumanisa ngapandhle kwomkaulo womuzi wa kubo wokupepela, umpindiseli wegazi a m bulale umbulali; a ka yi kuba na cala legazi, 28 ngokuba nga e hlale emzini wa kubo wokupepela a ze a fe umpristi omkulu: kodwa e se file umpristi omkulu umbulali u ya kubuyela ezweni lefa lake.

29 Lezi zinto zi ya kuba isimiso nesiko kinina ezizukulwaneni zenu emakaya onke enu. 30 Lowo o bulala umuntu, umbulali lowo u ya kubulawa ngemilomo ya ofakazi: kodwa ufakazi e munye ka yi kufakaza ngomuntu ukuze a bulawe. 31 Futi a ni yi kutata isihlaulelo sokupila kwombulali o necala lokubulawa; kodwa u ya kubulawa nokubulawa. 32 A ni yi kutata futi isihlaulelo sobalekele emzini wa kubo wokupepela, ukuze a buye futi a hlale ezweni, e nga ka fi umpristi; 33 ukuze ni nga li nukubezi izwe eni hlezi kulo: ngokuba igazi li ya nukubeza izwe; izwe a li na kuhlaulelwa ngenxa yegazi eli palazwe kulo, kupela ngegazi lake olipalazileyo. 34 Ni nga ngcolisi izwe en'akile kulo, engi hlezi pakati kwalo: ngokuba mina Jehova ngi hlala pakati kwaba kwa Israeli.

36 Izinhloko zezindhlu za oyise zomndeni waba kwa Giliyadi ka Makiri ka Manase, bemindeni yamadodana ka Josefa, za sondela, za kuluma ngapambi ku ka Moses, na ngapambi kwezikulu, izinhloko zezindhlu za oyise za kwa Israeli: 2 za ti, UJehova wa yala inkosi yami ukuba i nike aba kwa Israeli izwe li be ifa ngenkato: inkosi yami ya yalwa uJehova ukuba ifa li ka Zelofehadi umfo wetu, a li nike amadodakazi ake. 3 Uma e gana amadodana ezinye izizwe zaba kwa Israeli, konake ifa lawo li ya kukishwa efeni la obaba, l'elekelwe efeni lesizwe lapo e yo ba ngawa kona: li suswe efeni letu lenkato. 4 Lapo se li fikile ijubili laba kwa Israeli, ifa lawo li ya kwelekelwa efeni lesizwe lapo e yo ba ngawa kona: ifa lawo li suswe efeni lesizwe sa obaba.

5 UMoses wa yala aba kwa Israeli njengezwi li ka Jehova, e ti, Isizwe samadodana ka Josefa si kuluma kahle. 6 Yiloku oku yalwa uJehova ngamadodakazi ka Zelofehadi, e ti, Ma ka gane ngokufanele emehlweni awo; kodwa a gane umndeni wesizwe si ka yise kupela. 7 Ukuze ifa laba kwa Israeli li nga zungezi ezizweni ngezizwe; ngokuba aba kwa Israeli ba ya kunamatela ilowo efeni lesizwe sa oyise. 8 Ileyo ndodakazi edhlayo ifa esizweni saba kwa Israeli i ya kugana omunye womndeni wesizwe si ka yise, ukuze aba kwa Israeli ba li dhle ilowo ifa la oyise. 9 Ukuze ifa li nga zungezi ezizweni ngezizwe; ngokuba izizwe zaba kwa Israeli zi ya kunamatela ilowo muntu efeni lake.

10 Njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses, enze njalo amadodakazi ka Zelofehadi: 11 ngokuba uMala, noTirza, noHogela, noMilika, noNowa, amadodakazi ka Zelofehadi, ba gana amadodana ka yisekazi. 12 Ba gana emindenini yamadodana ka Manase ka Josefa; ifa labo la hlala esizweni somndeni ka yise.

13 Yile imiyalo namasiko eya yalwa uJehova ngoMoses kwaba kwa Israeli ematafeni a kwa Moabe, nga seJordan eJeriko.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

IDUTERONOMI

UMoses u landa ngokumuka eHorebe. Abasizi. Izinhloli.

1 Yilawa amazwi uMoses awakulumayo ku Israeli wonke pesheya kweJordan, ehlane eAraba malungana neSufi, emkatini weParan, neTofeli, neLaban, neHazeroti, neDi-zahabe. 2 Ku izinsuku ezi ishumi nanye, ngendhlela ya sentabeni iSehire, ku suka eHorebe ku ze ku fike eKadeshe-barneha. 3 Kwa ti ngomnyaka wamashumi amane, ngenyanga yeshumi nanye, ngosuku lokuqala lwenyanga, uMoses wa kuluma kwaba kwa Israeli njengako konke uJehova a m yala ngako ukuba a ku kulume kubo; 4 e se bulele uSihon inkosi yamaAmori, eya yakile eHeshbon, noOgi inkosi ya seBashan, eya yakile eAshtaroti, eEdreyi. 5 UMoses wa qalisa ukumemezela lo mteto ezweni la kwa Moabe, pesheya kweJordan, e ti, 6 UJehova uNkulunkulu wetu wa kuluma kitina eHorebe, e ti, Kade na ni hlezi ku le ntaba: 7 pendukani ni hambe, ni ye ezintabeni zamaAmori; na sezindaweni zonke ezi seduze na kona, eAraba, ezintabeni, na sezansi, na seNingizimu, na sogwini lolwandhle, ezweni lamaKanan, na seLebanon, ku ze ku be semfuleni omkulu, umfula u Ufrate. 8 Bhekani ngi li bekile izwe pambi kwenu: ngenani, ni li dhle izwe ela fungelwa koyihlo nguJehova, ku Abraham, ku Isaka, na ku Jakobe, ukuba li nikwe bona nenzalo yabo ngasemva kwabo.

9 Nga kuluma kinina nga leso sikati, nga ti, A ngi namandhla ukunitwala ngedwa: 10 uJehova uNkulunkulu wenu u n'andisile, naku, namhla ni ngangezinkanyezi zezulu ngobuningi. 11 UJehova uNkulunkulu wa oyihlo ma k'engeze ku loko eni iko kankulungwane, a ni busise, njengaloko a ku kuluma kini! 12 Ngi nga twala kanjani mina ngedwa inkatazo yenu, nomtwalo wenu, nokuxabana kwenu na? 13 Zitateleni amadoda ahlakanipileyo, a nokuqonda, aziwayo ngokwezizwe zenu, ngo ti ngi wa mise a be izinhloko zenu. 14 Na ngi pendula na ti, Into oyikulumileyo i lungile ukuba si y'enze. 15 Nga zi tatake izinhloko zezizwe zenu, amadoda ahlakanipileyo, n'aziwayo, nga wa beka a be izinhloko pezu kwenu, izinduna zezinkulungwane, nezinduna zamakulu nezinduna zamashumi a isihlanu, nezinduna zamashumi nabapati njengezizwe zenu. 16 Nga yala abahluli benu nga leso sikati, nga ti, Yizwani izindaba pakati kwabafo wenu, n'ahlulele ngokulunga pakati kwomuntu nomfo wabo, nowezizwe a naye. 17 Ni nga keti abantu ekwahluleleni; ni ya kumlalela omncane, njengomkulu; ni nga bi na luvalo ngobuso bomuntu; ngokuba ukwahlulela ku oku ka Nkulunkulu: indaba enahlulayo, no yi leta kimi ngi yi zwe. 18 Nga ni yala nga leso sikati ngezinto zonke eni ya kuzenza.

19 Sa suka eHorebe sa dabula lelo hlane elikulu nelesabekayo enalibonayo, ngendhlela e ya ezintabeni zamaAmori, njengokuyalwa kwetu nguJehova uNkulunkulu wetu; sa fika eKadeshe-barneha. 20 Nga ti kini, Ni fikile ezintabeni zamaAmori, uJehova uNkulunkulu wetu a si nika zona. 21 Bheka, uJehova uNkulunkulu wako u li bekile izwe pambi kwako: yenyuka u li dhle, njengokusho ku ka Jehova uNkulunkulu wa oyihlo kuwe; u ng'esabi u nga papateki. 22 Na se ni sondela kimi nonke, na ti, Ma si tume amadoda ngapambi kwetu, ukuba a si hlolele izwe, a si buyisele izwi ngendhlela esi ya kwenyuka ngayo, na ngemizi esi ya kufika kuyo. 23 Ya ba nhle leyo nto emehlweni ami; nga tata amadoda a ishumi nambili kinina, indoda

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukungakolwa nokunqotshwa kwabo. Ukusuka kwabo eKadeshe.

ya banye esizweni: 24 a penduka enyukela ezintabeni a fika esihlanjeni sa seEshkoli, a si hlola. 25 A tata izitelo zezwe ngezandhla zawo, ehlela nazo kitina, a si buyisela nezwi, a ti, Lihle izwe a si nika lona uJehova uNkulunkulu wetu.

26 Noko a na za na vuma ukwenyuka, na hlubuka ezwini li ka Jehova uNkulunkulu wenu: 27 na konona ni sematenteni enu, na ti, Ku ngokuba uJehova e si zonda, u si kipile ezweni la sEgipite, ukuba a si kapele ezandhleni zamaAmori, a si shabalalise. 28 Si ya kwenyukelapi na? abafo wetu ba nyibisile izinhliziyo zetu, be ti, Abantu bakulu, bade kunati; imizi mikulu, i biyelwe izingange ezi fika ezulwini; futi si bonile amadodana amaAnaki kona. 29 Nga se ngi ti kini, Ni nga bi na luvalo, ni nga b'esabi. 30 UJehova uNkulunkulu wenu o hamba ngapambi kwenu, u ya kunilwela, njengako konke a n'enzela kona Egipite pambi kwamehlo enu, 31 na sehlane lapa na bona ukutwalwa kwenu uJehova uNkulunkulu wenu, njengendoda i twala indodana yayo, endhleleni yonke ena hamba ngayo, na ze na fika ku le ndawo. 32 Noko ku le nto a ni kolwanga uJehova uNkulunkulu wenu, 33 owa hamba ngapambi kwenu endhleleni, ukuba a ni funele indawo yokungenisa, ngomlilo ebusuku ukunibonisa indhlela eni ya kuhamba ngayo, ngefu emini.

34 UJehova wa li zwa izwi lokukuluma kwenu, wa tukutela, wa funga, wa ti, 35 Impela a kuko na munye wa laba bantu ba lesi sizukulwane esibi o ya kulibona lelo zwe elihle, enga li fungela ukulinika oyihlo, 36 uKalebi ka Jefune kupela, yena u ya kulibona; ngi ya kumnika yena izwe alinyateleyo, nabantwana bake: ngokuba yena u m landele uJehova ngokupeleleyo. 37 Futi uJehova wa ngi tukutelela ngenxa yenu, e ti, Nawe a u yi kungena kona: 38 uJoshua ka Nun, o mi pambi kwako, u ya kungena kona; m qinise; ngokuba yena u ya kumenza uIsraeli a li dhle ubufa. 39 Futi izingane zenu, ena ti nina, zi ya kuba impango, nabantwana benu aba nga kwazi namhla okulungileyo nokubi, bona ba ya kungena kona, ngi ba nike lona, ba lake. 40 Kodwa nina, pendukani, ni hambe ni ye ehlane ngendhlela e ya eLwandhle oluBomvu.

41 Na se ni pendula, na ti kimi, S'onile ku Jehova, si ya kwenyuka si lwe, njengako konke uJehova uNkulunkulu wetu a si yala ngako. Na hlomake ilowo izikali zake zokulwa, na walazela ukwenyukela ezintabeni. 42 UJehova wa s'e ti kimina, Yisho kubo ukuti, Musan'ukwenyuka, musan'ukulwa; ngokuba a ngiko pakati kwenu; funa ni bulawe pambi kwezita zenu. 43 Nga kulumake kini, a na lalela; na hlubuka ezwini li ka Jehova, n'enyukela ngobugabaza ezintabeni. 44 AmaAmori a be akile ku lezo zintaba a puma a ni hlasela, a ni xoshisa okwezinyosi, a ni didizelisa na ze na fika eSehire, na seHorma. 45 Na buya na kala pambi ku ka Jehova; kodwa uJehova a ka lalelanga izwi lenu, ka bekanga na ndhlebe kini. 46 Ngakoke na hlala eKadeshe izinsuku eziningi, njengezinsuku ena zi hlala kona.

2 Sa se si penduka, sa hamba sa ya ehlane ngendhlela e ya eLwandhle oluBomvu, njengokukuluma ku ka Jehova kimi; sa zungeza intaba iSehire izinsuku eziningi. 2 UJehova wa kuluma kimina, e ti, 3 Kade na ni zungeza le ntaba: pendukani ni ye nga senyakato. 4 Yala abantu, u ti, Ni za kudabula ezweni labafo wenu, aba kwa Esau, ab'ake eSehire; ba za kunesaba. Xwayanike kakulu: 5 ni nga bambani nabo; ngokuba a ngi yi kuninika izwe labo, qa, ngi sho oku nga nyatelwa unyawo: ngokuba intaba iSehire, ngi yi nike uEsau ukuba i be ifa lake. 6 Ni ya kutenga ukudhla ku bona ngemali, ukuba ni dhle; ni tenge futi amanzi ku bona ngemali, ukuba ni puze. 7 Ngokuba uJehova uNkulunkulu wako u ku busisile emsebenzini wonke wesandhla sako; wazile ukuhamba kwako ku leli hlane

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukuwela kwabo iArnon, nokunqotshwa kweHeshbon.

elikulu: nga le minyaka e ngamashumi amane uJehova uNkulunkulu wako kade e nawe, a u swelanga luto. **8** Sa dhlulake ku bafo wetu aba kwa Esau, ab'ake e Sehire sa shiya indhlela yeAraba neElati neEziyon-gebere.

Sa penduka sa dhlula ngendhlela yehlane la kwa Moabe. **9** UJehova wa ti kimi, U nga m hlupi uMoabe, u nga bambani nabo ekulweni; ngokuba a ngi yi kukunika izwe lake ukuba li be ifa lako; ngokuba iAri ngi li nike aba kwa Lote ukuba li be ifa labo. **10** (AmaEma a be akile kona kuqala, abantu abakulu abaningi, nabade, njengamaAnaki, **11** nabo ba tiwa amaRefa, njengamaAnaki; kodwa amaMoabe a wa biza ngokuti amaEma. **12** AmaHori nawo a be akile eSehire kuqala; kodwa aba kwa Esau ba wa xosha; ba wa shabalalisa ngapambi kwabo, ba hlala endaweni yawo; njengokwenza ku ka Israeli ezweni lefa lake, aba piwa lona uJehova.) **13** Sukani kaloku, ni wele umfula iZerede. Sa wu welake umfula iZerede. **14** Izinsuku esa hamba ngazo si suka eKadeshe-barneha, sa ze sa wela umfulana iZerede, za zi iminyaka e ngamashumi amatatu nesishiyangalombili; kwa za kwa pela leso sizukulwane samadoda okulwa pakati kwekamu, njengokufunga ku ka Jehova ku wona. **15** Futi isandhla si ka Jehova sa si melene nabo ukubasizila pakati kwekamu, ba ze ba pela bonke.

16 Kwa ti ke, e se pelile a fa onke amadoda okulwa pakati kwabantu, **17** uJehova wa kuluma kimina, wa ti, **18** Wena u ya kudhlula iAri, umkaulo wa kwa Moabe, namhla; **19** lapo u sondela malungana naba kwa Amon, u nga ba hlupi u nga bambani nabo; ngokuba a ngi yi kukunika izwe laba kwa Amon ukuba li be ifa lako; ngokuba ngi li nikile aba kwa Lote, ukuba li be ifa labo. **20** (Na lelo li tiwa izwe lamaRefa: amaRefa aka kona kuqala; kepa amaAmon a wa biza ngokuti amaZamzumi; **21** abantu abakulu, abaningi, nabade, njengamaAnaki; kodwa uJehova wa ba shabalalisa ngapambi kwawo; a ba xosha bona, a hlala endaweni yabo: **22** njengokwenza kwake kwaba kwa Esau, aba b'akile eSehire, e se shabalalise amaHori ngapambi kwabo, ba wa xosha; ba hlala kona endaweni yawo ku ze ku be namhlanje. **23** NamaAvi a be akile emizaneni ku ze ku be seGaza, amaKafetori, a puma eKafetori, a wa shabalalisa, a hlala endaweni yawo). **24** Sukani nina, ni hambe, ni dabule isihlambo seArnon: bhekani ngi nikele esandhleni sako uSihon umAmori, inkosi ya seHeshbon nezwe lake; qala ukulidhla, u bambane naye empini. **25** Namhla ngi za'uqala ukufaka uvalo ngawe nokwesatshwa kwako ezizweni ezi ngapansi kwezulu lonke ezi ya kuyizwa indaba yako, zi gedezele, zi zibinye ngawe.

26 Nga tuma izigijimi ku Sihon inkosi ya seHeshbon, ngi sehlane la seKedemoti zi namazwi okutula, ngi ti, **27** Ma ngi dabule ezweni lako: ngi ya kuhamba ngomgwaqo omkulu, a ngi yi kupambukela nga kwesokunene na nga kwesokohlo. **28** U ya kutengisa ukudhla kimi ngemali, ukuba ngi dhle; u ngi nike amanzi ngemali, ukuba ngi puze: ma ngi dabule nje kodwa ngi hamba ngezinyawo; **29** njengokwenza kwaba kwa Esau kimina ab'ake eSehire, namaMoabe ake eAri; ngi ze ngi wele iJordan ngi fike ezweni esi piwa lona uJehova uNkulunkulu wetu. **30** Kodwa uSihon inkosi ya seHeshbon a ka si vumelanga ukuba si dhlule kuye; ngokuba uJehova uNkulunkulu wako wa wenza wa ba lukuni umoya wake, nenhliziyo yake ukuba i be ingqoshololo, ukuze a m kapele esandhleni sako, njenga namhla. **31** Wa ti uJehova kimina, Bheka, se ngi qalile ukukapela uSihon nezwe lake pambi kwako: qala ukulidhla, ukuba u li dhle ubufa izwe lake. **32** USihon wa s'e puma ukusihlasela, yena nabantu bonke bake, ukulwa nati eJahaze. **33** UJehova uNkulunkulu wetu wa m kapela pambi kwetu; sa m bulala, namadodana ake, nabantu bonke ba-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukunqotshwa kweBashan. Ifa laba pesheya kweJordan.

ke. 34 Sa dhla yonke imizi yake nga leso sikati, sa shaya sa bhuqa imizi yonke e nabantu, sa bulala nabesifazana, nezingane; a si shiyanga nowokulandula; 35 sa zigcugcela izinkomo kupela, kanye nempango yemizi ebe si yi dhlile. 36 A ku ba ngako muzi owasahlulayo ngokupakama, yiloku sa suka eArohere eceleni lesihlambo seArnon, na semzini o sesihlanjeni, kwa ze kwa ba kwa Giliyadi; uJehova uNkulunkulu wetu wa kapela konke pambi kwetu: 37 Izwe o nga sondelanga kulo ngelaba kwa Amon kupela na seceleni lonke lomfula iJaboki na semizini e sezintabeni, na kuzo zonke izindawo es'alelwe nazo uJehova uNkulunkulu wetu.

3 Sa se si penduka, s'enyuka ngendhlela e ya eBashan: uOgi inkosi ya seBashan wa puma wa si hlasela, yena nabantu bonke bake ukulwa nati eEdreyi. 2 UJehova wa ti kimi, U nga m esabi; ngokuba ngi m kapele esandhleni sako, yena nabantu bonke bake, kanye nezwe lake; u ya kwenza kuye njengokwenza kwako ku Sihon inkosi yamaAmori, eya yakile eHeshbon. 3 UJehova uNkulunkulu wetu wa m kapelake esandhleni setu uOgi futi, inkosi ya seBashan, nabantu bonke bake: sa m cita, kwa ze kwa nga sala kuye nowokulandula. 4 Sa dhla yonke imizi yake nga leso sikati: a ku bangako muzi wabo esi nga wu dhlanga; imizi e ngamashumi a isitupa, sonke isifunda sa seArgobe, umbuso ka Ogi eBashan. 5 Yonke le mizi ya i biyelwe ngezingange ezinde, namasango, nemivalo; ngapandhle kwemizana eminingi kakulu eya i nge nazo izingange. 6 Sa yi shaya sa yi bhuqa, njengokwenza kwetu ku Sihon inkosi ya seHeshbon, sa shaya sa bhuqa imizi yonke e nabantu, sa bulala nabesifazana, nezingane. 7 Kodwa izinkomo zonke nempango yemizi, sa zigcugcela kona. 8 Sa tata nga leso sikati izwe esandhleni samakosi amabili amaAmori a e ngapesheya kweJordan, li suka esihlanjeni seArnon, li ze li fike entabeni iHermon 9 (iHermon eli bizwa amaSidon, ngokuti iSirion, namaAmori a li biza ngokuti iSenire); 10 yonke imizi yenkangala, nalo lonke ela kwa Giliyadi, nalo lonke iBashan, ku ze ku fike eSaleka, neEdreyi, imizi yombuso ka Ogi, eBashan. 11 (Ngokuba kwa ku sele uOgi inkosi ya seBashan kupela, ensalweni yamaRefa; bheka umbede wake kwa ku umbede wensimbi; angiti u seRaba kwaba kwa Amon? ubude bawo ba bu izingalo ezi isishiyangalolunye, ububanzi bawo izingalo ezine, ngokwengalo yomuntu.)

12 Leli zwe sa li dhla nga leso sikati: ku suka eArohere, eli nga sesihlanjeni seArnon, nenxenye yezintaba za kwa Giliyadi nemizi ya kona, nga yi nika amaRuben, namaGadi: 13 nensali yela kwa Giliyadi, nalo lonke iBashan, umbuso ka Ogi, nga li nika inxenye yesizwe sa kwa Manase; sonke isifunda sa seArgobe, nalo lonke iBashan. (Lona li bizwa ngokutiwa izwe lamaRefa. 14 UJahire ka Manase wa si tata sonke isifunda sa seArgobe, kwa ze kwa fika emkaulweni wamaGeshuri namaMahakati, wa wa biza ngegama lake, lona iBashan wa ti iHavoti-jahire, ku ze ku be namhla.) 15 Nga nika uMakiri ela kwa Giliyadi. 16 AmaRuben, namaGadi, nga wa nika ku suka kwa Giliyadi ku ze ku fike esihlanjeni seArnon, pakati nesihlambo, nomkaulo waso ku ze ku fike na semfuleni eJaboki, o ngumkaulo waba kwa Amon; 17 iAraba futi neJordan, nomkaulo walo, ku suka eKinereti, ku ze ku fike elwandhle lwa seAraba, olu uLwandhle lu ka Saoti olu senzansi kwemitambeka ya sePisga nga sempumalanga.

18 Nga ni yala nga leso sikati, nga ti, UJehova uNkulunkulu wenu u ni nikile leli zwe ukuba ni li dhle: ni ya kuwela ni hlomile ngapambi kwabafo wenu aba kwa Israeli, nonke eni ngamaqawe. 19 Kodwa abafazi benu, nezingane zenu, nemfuyo yenu (ngokuba ngi y'azi ukuba ni nemfuyo eningi), ku ya kuhlala emizini yenu

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UMoses walelwa ukuwela iJordan. UIsraeli u ya vuselelwa.

engi ni nike yona, **20** uJehova a ze a nike abafo wenu ukupumula njengani, ba ze ba l'ake nabo izwe eli nikwa bona uJehova uNkulunkulu wenu, ngapesheya kweJordan: anduba ni buyele ilowo ezweni lake, engi ni nike lona. **21** Nga yala uJoshua nga leso sikati nga ti, Amehlo ako a ku bonile konke okwenziwe uJehova uNkulunkulu wenu ku lawa makosi amabili: u ya kwenze njalo uJehova kuyo yonke imibuso o ya kuwelela kuyo. **22** A ni yi kubesaba; ngokuba uJehova uNkulunkulu wenu uyena onilwelayo.

23 Nga ncenga uJehova nga leso sikati, nga ti, **24** Nkosi Jehova, u s'u qalile ukubonisa inceku yako ubukulu bako, nesandhla sako esi namandhla: umupi unkulunkulu ezulwini na semhlabeni, o ng'enza okwemisebenzi yako, nokwobuqwaga bako? **25** A ke ngi wele, ngi bone izwe elihle eli ngapesheya kweJordan, leyo ntaba enhle, neLebanon. **26** Kodwa uJehova wa ngi tukutelela ngenxa yenu, ka ngi lalelanga; wa ti uJehova kimina, Kwanele, u nga be u sa kuluma kimina nga le ndaba. **27** Yenyukela esiqongweni sePisga, u pakamisele amehlo ako ngasentshonalanga, na ngasenyakato, na ngaseningizimu, na ngasempumalanga, u buke ngamehlo ako: ngokuba a u yi kuliwela leli Jordan. **28** Kodwa yala uJoshua, u m qinise u m qunge isibindi; ngokuba yena u ya kuwela pambi kwa laba bantu, yena a b'enze ukuba ba li dhle ubufa izwe o za kulibona. **29** Sa hlalake emhosheni malungana neBeti-pehore.

4 Yizwake, Israeli, izimiso namasiko engi ni fundisa wona, ni w'enze; ukuba ni pile, ni ngene, ni lake izwe eni nikwa lona uJehova uNkulunkulu wa oyihlo. **2** A ni yi kwenezela ezwini engi ni yala ngalo, a ni yi kulincipisa futi; ukuba ni yi gcine imiyalo ka Jehova uNkulunkulu wenu engi ni yala ngayo. **3** Amehlo enu a bonile okwenziwe uJehova ngenxa ka Bale-pehore; ngokuba uJehova uNkulunkulu wenu wa ba shabalalisa bonke aba be m landela uBale-pehore pakati kwako. **4** Kodwa nina ena namatela ku Jehova uNkulunkulu wenu ni se kona nonke na namhla. **5** Bheka, ngi ni fundisile izimiso namasiko njengokuyalwa kwami uJehova uNkulunkulu wami, ukuba n'enze njalo pakati kwezwe eni ya kulo ukuba ni lake. **6** Zi gcineni-ke, ni z'enze; ngokuba loku ku ngukuhlakanipa kwenu nokuqonda kwenu emehlweni ezizwe, ezi ya kuzizwa lezi zimiso zonke, zi ti, Impela lesi sizwe esikulu si ngabantu abahlakanipileyo, nabaqondileyo. **7** Ngokuba yisipi isizwe esikulu esi nonkulunkulu eduze naso, njengoJehova uNkulunkulu wetu e njalo uma si m biza na? **8** Yisipi isizwe esikulu, esi nezimiso namasiko alungileyo njenga lo mteto wonke engiwubekayo pambi kwenu namhla na?

9 Kodwa xwaya u gcine kahle umpefumulo wako, funa u kohlwe izinto azibonayo amehlo ako, funa zi muke enhliziyweni yako izinsuku zonke zokuhamba kwako; u z' u b'azise zona abantwana bako, nabantwana babantwana bako; **10** usuku ow'ema ngalo pambi ku ka Jehova uNkulunkulu wako eHorebe, lapo uJehova wa ti kimi, Ngi butele abantu, ngi b'ezwise amazwi ami, ukuba ba funde ukungesaba izinsuku zonke zokuhamba kwabo emhlabeni, ba fundise nabantwana babo. **11** Na sondela n'ema ngapansi kwentaba; intaba ya vuta umlilo kwa ze kwa pakati kwezulu, ku kona ubumnyama, nefu, nobumnyama obute mbe. **12** UJehova wa kuluma kini e pakati kwomlilo: n'ezwa izwi lokukuluma, a ni bonanga isimo; n'ezwa izwi kupela. **13** Wa ni tshela isivumelwano sake, a ni yala ukuba ni s'enze, ngi sho amazwi a ishumi; wa wa loba ezibhebheni ezimbili zamatshe. **14** Nga leso sikati uJehova wa ngi yala ukuba ngi ni fundise izimiso, namasiko ukuba ni w'enze ezweni eni welela kulo, ukuba ni lake.

15 Xwayani ni xwayele imipefumulo yenu; ngokuba a ni bonanga isi-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UIsraeli u ya vuselelwa ukuba a kumbule uJehova.

mo sa luto nga lolo suku uJehova a kuluma ngalo kinina eHorebe e ngapakati kwomlilo; **16** funa ni z'onakalise, ni z'enzele isitombe esibaziweyo, esi nesimo somfanekiso, o faniswa nowesilisa, mhlaumbe owesifazana, **17** nomfanekiso wesilwane esi semhlabeni, nomfanekiso wenyoni e namapiko endizayo ezulwini, **18** nomfanekiso wento ehuquzelayo emhlabatini, nomfanekiso wenhlanzi e semanzini ngapansi kwomhlaba; **19** funa u pakamisele amehlo ako ezulwini, u ti ukubona ilanga, neñyanga, nezinkanyezi, ibandhla lonke lezulu, weduswe u kuleke kuko, u ku konze, okwabelwe izizwe zonke ezi ngapansi kwezulu lonke nguJehova uNkulunkulu wako. **20** Kodwa uJehova u ni tatile nina, wa ni kipa esitandweni sensimbi, Egipite, ukuba ni be abantu befa kuye njenga namhla. **21** Futi uJehova wa ngi tukutelela ngenxa yenu, wa funga wa ti a ngi yi kuliwela iJordan, nokuti a ngi yi kungena ku lelo zwe elihle, akunikayo uJehova uNkulunkulu wako, li be ifa: **22** ngi melwe ukufa mina ku leli zwe, ngi nga li weli iJordaṇ; kodwa nina ni ya kuwela ni lake lelo zwe elihle. **23** Xwayani funa ni kohlwe isivumelwano si ka Jehova uNkulunkulu wenu, asenzayo nani, ni z'enzele isitombe esibaziweyo ngesimo sento, o walelwa nayo uJehova uNkulunkulu wako. **24** Ngokuba uJehova uNkulunkulu wako u ngumlilo odhlayo, uNkulunkulu o nesikwele.

25 Lapo u zala abantwana, nabantwana babantwana, se ni hlezi isikati eside ezweni, ni z'onakalise, ni z'enzele isitombe esibaziweyo ngesimo sento, n'enze okubi emehlweni ka Jehova uNkulunkulu wako, ni m cunule; **26** ngi fakazisa izulu nomhlaba ngani namhla, ukuba ni ya kububa nokububa masinyane ezweni eni wela iJordan ukuya kulo ukuba ni lake; a ni yi kuzandisa izinsuku zenu kulo; ni ya kushabalaliswa nya. **27** UJehova u ya kunihlakazela ezinhlangeni zabantu, ni sale ni yingcozána pakati kwezizwe lapo uJehova e ni qubele kona. **28** Ni ya kukonza kona onkulunkulu, umsebenzi wezandhla zabantu, imiti namatshe, abangaboniyo, abangezwayo, abangadhliyo, abangahogeliyo. **29** Kodwa ni ya kufuna kona uJehova uNkulunkulu wenu; ni m fumane, uma ni m funisisa ngenhliziyo yonke yenu, na ngompefumulo wonke wenu. **30** Nxa se ni nosizi, lapo zonke lezi zinto zi n'ehlele, ngezinsuku zokugcina, ni ya kubuyela ku Jehova uNkulunkulu wenu, ni lalele izwi lake: **31** ngokuba uJehova uNkulunkulu wako u nguNkulunkulu o nomusa; a ka yi kukuyeka, nokuba a ku bubise, nokuba a kohlwe isivumelwano sa oyihlo a si funga kubo.

32 Buzake ngezinsuku zamandulo ezakwandulelayo, ku sukela osukwini uNkulunkulu a m dala umuntu emhlabeni ngalo, ku suka ekugcineni kwezulu ku ze ku be sekugcineni kwezulu, uma kwa ke kwa ba kona oku njenga le nto enkulu, nokuba kwa ke kw'ezwakala into enjengayo na? **33** Ba kona abantu aba ke ba li zwa izwi li ka Nkulunkulu li kuluma li vela pakati kwomlilo, njengokuba wa li zwa, ba pila na? **34** UNkulunkulu wa ke wa linga ukuya kuzitatela isizwe ngapakati kwesinye isizwe ngezilingo, ngezibonakaliso, na ngezimangaliso, na ngempi, na ngesandhla esi namandhla, na ngengalo eyeluliweyo, na ngezesabiso ezinkulu, njengako konke okwenzelwe nina nguJehova uNkulunkulu wenu Egipite ngapambi kwamehlo enu na? **35** Loku kwa boniswa kuwe, ukuba wazi ukuti uJehova u nguNkulunkulu; a kako omunye ngapandhle kwake. **36** E sezulwini wa kwenza u zwe izwi lake, ukuba a ku laye: na semhlabeni wa ku bonisa umlilo wake omkulu; wa w'ezwa amazwi ake e vela pakati kwomlilo. **37** Ku ngokuba wa e tanda oyihlo, ukuba a kete inzalo yabo emva kwabo, wa ku kipa Egipite ngobukona bake ngamandhla ake amakulu; **38** ukuba a xoshe izizwe ngapambi kwako, ezinkulu nezi namandhla kunawe, a ku ngenise, a ku

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Imizi emitatu yokupepela. Imiteto e ishumi.

nike izwe lazo li be ifa, njenga namhla. **39** Yazike namhla, u ku buyekeze enhliziyweni yako, ukuba uJehova u nguNkulunkulu ezulwini pezulu, na semhlabeni pansi; a kako omunye. **40** U ya kugcina izimiso zake nemiyalo yake, engi ku yala ngayo namhla, ukuba u hlale kahle wena, nabantwana bako emva kwako, ukuze w'andise izinsuku zako ezweni a ku nika lona uJehova uNkulunkulu wako, ku ze ku be nini.

41 UMoses wa e s'ahlukanisa imizi emitatu ngapesheya kweJordan nga sempumalanga; **42** ukuba umbulali a balekele kona o bulala umakelwane wake e ng'azelele, e be kade e nga m zondi; a balekele komunye wa le mizi, a pile: **43** iBezere eli sehlane ezweni lenkangala, li be owamaRuben; neRamoti eli seGiliyadi, li be owamaGadi; neGolan eli seBashan, li be owamaManase.

44 Yilo umteto awubekayo uMoses ngapambi kwaba kwa Israeli: **45** yilezi izifakazo nezimiso namasiko awakulumayo uMoses kwaba kwa Israeli, ekupumeni kwabo Egipite, **46** ngapesheya kweJordan, emhosheni malungana neBeti-pehore, ezweni li ka Sihon inkosi yamaAmori, owa be akile eHeshbon, owa bulawa uMoses naba kwa Israeli, ekupumeni kwabo Egipite. **47** Ba li dhla izwe lake, nezwe li ka Ogi inkosi ya seBashan, amakosi amabili amaAmori, a e ngapesheya kweJordan nga sempumalanga; **48** ku suka eArohere, eli nga seceléni kwesihlambo seArnon, ku ze ku fike entabeni iSiyon (e yi-Hermon), **49** neAraba lonke eli ngapesheya kweJordan nga sempumalanga, li ze li fike elwandhle lwa se-Araba, nga senzansi kwemitambeka ya sePisga.

5 UMoses wa biza uIsraeli wonke, wa ti kuye, Yizwa, Israeli, izimiso namasiko engiwakulumayo ezindhlebeni zenu namhla, ukuba ni wa funde, ni qapele ukuwenza. **2** UJehova uNkulunkulu wetu w'enza isivumelwano nati eHorebe. **3** UJehova a ka s'enzanga lesi sivumelwano na obaba, wa s'enza nati, tina esi kona lapa sonke namhla si pilile. **4** UJehova wa kuluma kinina ubuso nobuso entabeni ngapakati kwomlilo **5** (mina ng'ema emkatini ka Jehova nani nga leso sikati, ukunitshela izwi li ka Jehova; ngokuba na n'esaba ngenxa yomlilo, a n'enyukelanga entabeni), e ti,

6 Ngi nguJehova uNkulunkulu wako okukipileyo ezweni la sEgipite, endhlini yobugqili.

7 U nga bi nabanye onkulunkulu ngapandhle kwami.

8 U nga z'enzeli isitombe esibaziweyo, namfanekiso wa luto olu sezulwini pezulu, nolu semhlabeni pansi, nolu semanzini pansi kwomhlaba: **9** u nga zi kotameli, u nga zi konzi; ngokuba mina Jehova uNkulunkulu wako ngi nguNkulunkulu o nesikwele, ng'ehlisela ububi ba oyise ku bantwana, na kwabesizukulwane sesitatu nesesine sabangizondayo; **10** ngi b'enzela isihau aba izinkulungwane abangitandayo, aba gcina imiyalo yami.

11 U nga li pati ngeze igama li ka Jehova uNkulunkulu wako: ngokuba uJehova a ka yi kumyeka a nga bi nacala o pata igama lake ngeze.

12 Gcina usuku lwesabata u lu ngcwelise njengaloko uJehova uNkulunkulu wako a ku yala ngako. **13** Wo sebenza izinsuku ezi isitupa, u w'enze wonke umsebenzi wako; **14** kepa usuku lwesikombisa lu isabata ku Jehova uNkulunkulu wako: u nga sebenzi umsebenzi ngalo, wena, nendodana yako, nendodakazi yako, nesisebenzi sako sesilisa nesesifazana, nenkabi yako, nembongolo yako, nasipi sezilwane zako, note gozololo kuwe emzini wako; ukuba si pumule isisebenzi sako sesilisa nesesifazana njengawe. **15** Wo kumbula ukuba wa u isisebenzi ezweni la sEgipite, nokuba uJehova uNkulunkulu wako wa ku kipa kona ngesandhla esi namandhla na ngengalo eyeluliweyo: ngako uJehova uNkulunkulu wako wa ku yala ukuba u gcine usuku lwesabata.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Uvalo lwabantu. UIsraeli u ncengwa ukuba a tembeke.

16 Hlonipa uyihlo nonyoko, njengaloko uJehova uNkulunkulu wako a ku yala ngako; ukuba izinsuku zako z'ande, u hlale kahle ezweni a ku nika lona uJehova uNkulunkulu wako.

17 U nga bulali.

18 U nga pingi.

19 U ng'ebi.

20 U nga fakazi ngomakelwane wako okwamanga.

21 U nga fisi umfazi womakelwane wako; u nga nxaneli indhlu yomakelwane wako, nensimu yake, nesisebenzi sake sesilisa nesesifazana, nenkomo yake, nembongolo yake, na lunye uto lomakelwane wako.

22 Lawa mazwi uJehova wa wa kuluma kuwo wonke umbutano wenu e sentabeni pakati kwomlilo, nefu, nobumnyama obute mbe, ngezwi elikulu: a k'enezelanga okunye. Wa wa loba ezibhebheni ezimbili zamatshe, wa ngi nika zona. 23 Kwa ti, lapo ni li zwayo izwi li vela ngapakati kwobumnyama intaba i vuta umlilo, na sondela kimina, izinhloko zonke zezizwe zenu, namalunga enu; 24 na ti, Bheka, uJehova uNkulunkulu wetu u si bonisile ubukosi bake, nobukulu bake, sa li zwa izwi lake li vela ngapakati kwomlilo: si bonile namhla ukuba uNkulunkulu u ya kuluma nomuntu, a pile. 25 Yini ukuba si ze si fe? ngokuba lo mlilo omkulu u za ku siqeda: uma si buya si zwe izwi li ka Jehova uNkulunkulu wetu futi, si za kufa. 26 Ngokuba ubani enyameni yonke owa ke w'ezwa izwi li ka Nkulunkulu opilayo, li kuluma li vela ngapakati kwomlilo, njengaloku si li zwile, wa pila na? 27 Sondela wena, u zwe konke oku za kushiwo uJehova uNkulunkulu wetu: u kulume kitina konke oku za kukulunywa kuwe uJehova uNkulunkulu wetu; si za kukuzwa si kwenze.

28 UJehova wa w'ezwa amazwi okukuluma kwenu, ekukulumeni kwenu kimina; wa ti uJehova kimi, Ngi w'ezwile amazwi okukuluma kwa laba bantu, abawakulumileyo kuwe: ba kulume kahle kuko konke abakukulumileyo. 29 Kwangati ku nga ba kona inhliziyo kubo yokungesaba, nokugcina yonke imiyalo yami njalo, ukuba ba hlale kahle bona, nabantwana babo ku ze ku be nini na nini! 30 Hamba u ti kubona, Buyelani ematenteni enu. 31 Kodwa wena yima lapa nga kimina, ngi kulume kuwe wonke umyalo, nezimiso, namasiko, o ya kubafundisa wona, ukuba ba w'enze ezweni engi ba nika lona ukuba ba lake. 32 Ni ya kuqapela ukwenza njengokuba uJehova uNkulunkulu wenu e ni yalile: ni nga pambukeli nga kwesokunene na nga kwesokohlo. 33 Ni ya kuhamba ngayo yonke indhlela a ni yala ngayo uJehova uNkulunkulu wenu ukuze ni pile, ni hlale kahle, nokuba n'andise izinsuku zenu ezweni eni ya kulaka.

6 Yiloke umyalo, nezimiso, namasiko, uJehova uNkulunkulu wenu a yala ukuba ni wa fundiswe, ukuba ni w'enze ezweni eni ya kulo ukuba ni lake; 2 ukuba u m esabe uJehova uNkulunkulu wako, u gcine zonke izimiso zake nemiyalo yake, engi ku yala ngayo wena nendodana yako, nendodana yendodana yako, zonke izinsuku zokuhamba kwako; ukuba izinsuku zako z'ande. 3 Yizwake, Israeli, qapela u kwenze loku; ukuba u hlale kahle, nokuba n'ande ngamandhla, njengokuba uJehova uNkulunkulu wa oyihlo e ku tembisile ezweni eli vame ubisi nezinyosi.

4 Yizwa Israeli: uJehova uNkulunkulu wetu u nguJehova munye: 5 wo tanda uJehova uNkulunkulu wako ngenhliziyo yonke yako, na ngompefumulo wonke wako, na ngamandhla onke ako. 6 Lawa mazwi, engi ku yala ngawo namhla, a ya kuba senhliziyweni yako; 7 u ya kuwacijisa ku bantwana bako, u kulume ngawo lapo u hlezi endhlini yako, na lapo u hamba ngendhlela, na lapo u lalayo, na lapo u vukayo. 8 U ya kuwabopela esandhleni sako a be isibonakaliso, a be isiqova emkatini wamehlo ako. 9 U ya kuwaloba ezinsikeni zomnyango wendhlu yako, na semasangweni ako.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ma ba fundise abantwana. Ba isizwe esingcwele.

10 Ko ti lapo uJehova uNkulunkulu wako e se ku ngenisile ezweni a li fungela koyihlo, ku Abraham, na ku Isaka, na ku Jakobe, ukukunika imizi emikulu nemihle, e ng'akiwanga uwe, 11 nezindhlu ezi gcwele izinto zonke ezinhle ezi nga gcwaliswanga uwe, nemigodi yamanzi embiweyo e ng'embiwanga uwe, nezivini neminqumo e nga tshalwanga uwe, u dhle u sute; 12 u xwayeke funa u kohlwe uJehova okukipileyo ezweni la sEgipite, endhlini yobugqili. 13 U ya kumesaba uJehova uNkulunkulu wako; u m konze yena, u funge igama lake. 14 A ni yi kulandela abanye onkulunkulu, onkulunkulu babantu abanihaqileyo; 15 ngokuba uJehova unkulunkulu wako o pakati kwako u nguNkulunkulu o nesikwele; funa ulaka lu ka Jehova uNkulunkulu wako lu yute ngawe, a ku shabalalise ebusweni bomhlaba.

16 Ni nga m lingi uJehova uNkulunkulu wenu, njengokuba na m linga eMasa. 17 Ni ya kugcina nokugcina imiyalo ka Jehova uNkulunkulu wenu, nezifakazo zake, nezimiso zake, a ku yala ngazo. 18 U ya kukwenza okute ntse nokulungileyo emehlweni ka Jehova; ukuba u hlale kahle, nokuba u ngene u lake izwe elihle ela fungelwa koyihlo nguJehova, 19 ukuba a hlohloloze zonke izita zako ngapambi kwako, njengokusho ku ka Jehova.

20 Lapo indodana yakò i ku buza ngesikati esizayo, i ti, Zi sho ukutini lezi zifakazo, nezimiso, namasiko, eni yalwe ngawo uJehova uNkulunkulu wetu na? 21 Konake u ya kuti kuyo indodana yako, Sa si izigqili zi ka Faro Egipite: uJehova wa si kipa Egipite ngesandhla esi namandhla; 22 uJehova w'enza izibonakaliso, nezimangaliso ezinkulu nezimbi, pezu kweEgipite, pezu ku ka Faro, na pezu kwendhlu yake yonke, emehlweni etu; 23 wa si kipa kona, ukuba a si ngenise, a si nike izwe a li fungela kobaba. 24 UJehova wa si yala ukuba si z'enze zonke lezi zimiso, si m esabe uJehova uNkulunkulu wetu, si hlale kahle njalo, ukuba a si sindise njenga namhla. 25 Ko ba ukulunga kitina, uma si qapela ukwenza lo myalo wonke pambi ku ka Jehova uNkulunkulu wetu, njengokusiyala kwake.

7 Ko ti lapa uJehova uNkulunkulu wako e se ku ngenisa ezweni o ya kulo ukuba ni lake, e se zi xosha izizwe eziningi ngapambi kwako, amaHiti, namaGirgashi, namaAmori, namaKanan, namaPerizi, namaHivi, namaJebusi, izizwe ezi isikombisa ezikulu nezi namandhla kunawe; 2 lapo uJehova uNkulunkulu wako e zi kapela pambi kwako u zi cita; konake u ya kuzishaya u zi bhuqe; a u yi kwenza isivumelwano nazo, u nga bi na musa kuzo: 3 u ng'endiselani nazo futi; indodakazi yako a u yi kuyinika indodana yake, nendodakazi yake a u yi kuyitatela indodana yako. 4 Ngokuba u ya kupambukisa indodana yako ekungilandeleni, ukuze ba konze abanye onkulunkulu: lu vute ulaka lu ka Jehova kuwe, a ku shabalalise masinyane. 5 Kodwa ni ya kwenza kanje kuzo: ni ya kubidhliza amalati azo, ni pahlaze izinsika zazo, ni gaule oAshera bazo, ni shise ngomlilo izitombe zazo ezibaziweyo.

6 Ngokuba u isizwe esingcwele ku Jehova uNkulunkulu wako: uJehova uNkulunkulu wako u ku ketile u be isizwe esi imfuyo yake, kunazo zonke izizwe ezi sebusweni bomhlaba. 7 Inhliziyo ka Jehova a i tanga ncasha kinina, a ka ni ketanga ngokuba na ni baningi kunezinye izizwe; ngoba pela na ni ingcozana kunezizwe zonke: 8 kodwa ngokuba uJehova u ya ni tanda, na ngokuba e funa ukugcina isifungo asifungayo koyihlo, uJehova wa ni kipa ngesandhla esi namandhla, wa ni hlenga endhlini yobugqili, esandhleni si ka Faro inkosi ya sEgipite. 9 Yazike ukuba uJehova uNkulunkulu wako u nguNkulunkulu yena, uNkulunkulu otembekayo, o gcina isivumelwano nesihau nabo abamtandayo naba gcina imiyalo yake ku ze ku be sezizukulwaneni ezi inkulungwane, 10 u ya

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izibusiso nxa be lalela. Ba kunjuzwa impato ka Jehova.

ba pindisela abamzondayo ebusweni babo ngokubabubisa; a ka yi kulibala ku yena omzondayo, u ya kumpindisela ebusweni bake. **11** U ya kuwugcinake umyalo, nezimiso namasiko, engi ku yala ngawo namhla, ukuba u wenze.

12 Ko ti, ngokuba ni wa lalela lawa masiko, ni wa gcine, ni w'enze, uJehova uNkulunkulu wako a gcine isivumelwano nesihau asifungelayo koyihlo: **13** u ya kukutanda, a ku busise, a kwandise; u ya kubusisa inzalo yesisu sako, nesitelo somhlabati wako, amabele ako newayini lako elisha, namafuta ako, nomqeku wezinkomo zako, namazinyane ezimvu zako, ezweni a li fungela koyihlo, ukukunika lona. **14** U ya kubusiswa ngapezu kwezizwe zonke: a ku yi kubako nyumba nanyumbakazi kinina na sezinkomeni zenu. **15** UJehova u ya kususa kuwe ukugula konke; a nga zi beki izifo ezibi za sEgipite ozaziyo pezu kwako; kodwa u ya kuzibeka pezu kwabo bonke abakuzondayo. **16** U ya kuziqeda izizwe zonke ezi ya kukashelwa kuwe uJehova uNkulunkulu wako; iso lako li nga zi haukeli; u nga ba konzi onkulunkulu babo; ngokuba loko ku ya kuba isihibè kuwe.

17 Uma u ti enhliziyweni yako, Lezi zizwe zi ningi kunami; ngi nga zi xosha kanjani? **18** u nga z'esabi: wo kumbula nokukumbula okwenziwa uJehova uNkulunkulu wako ku Faro, na kulo lonke ela sEgipite; **19** izilingo ezinkulu eza bonwa amehlo ako, nezibonakaliso, nezimangaliso, nesandhla esi namandhla, nengalo eyeluliweyo a ku kipa ngayo uJehova uNkulunkulu wako: uJehova uNkulunkulu wako u ya kwenza kanjalo kuzo izizwe zonke ozesabayo. **20** Futi uJehova uNkulunkulu wako u ya kutuma iminyovu pakati kwazo, ku ze ku ti bona abaseleyo, abazitukusayo, ba bube pambi kwako. **21** U nga bi na luvalo ngabo; ngokuba uJehova uNkulunkulu wako u pakati kwako, uNkulunkulu omkulu nowesabekayo. **22** UJehova uNkulunkulu wako u ya kuzixosha lezo zizwe ngapambi kwako, ku ye ngokuya: u nge zi qede masinyane, funa izilwane za sendhle z'ande ngapezu kwako. **23** Kodwa uJehova uNkulunkulu wako u ya kuzikapela pambi kwako, a zi dunge ngokudunga oku namandhla, zi ze zi shabalaliswe. **24** U ya kukapela amakosi azo esandhleni sako, u bubise igama lawo ngapansi kwezulu: a ku yi kubako muntu o ya kuma pambi kwako, u ze u zi shabalalise. **25** Izitombe ezibaziweyo za onkulunkulu bazo ni ya kuzishisa ngomlilo: u nga fisi isiliva negolide eli ku zona, u nga zitateli lona, funa u hilelwe ilo; ngokuba ku icilo ku Jehova uNkulunkulu wako. **26** U nga ngenisi oku icilo endhlini yako, u ze u be into ehlukaniselwa ngokulokotelwa njengako: ma wenyanye nokwenyanya leyo nto, u nengwe nokunengwa iyo; ngokuba ku yinto ehlukaniselwa ngokulokotelwa.

8 Wonke umyalo engi ku yala ngawo namhla ni ya kuqapela ukuba ni w'enze, ni ze ni pile, n'ande, ni ngene ni lake izwe ela fungelwa koyihlo nguJehova. **2** U ya kukumbula indhlela yonke uJehova uNkulunkulu wako a ku hambise ngayo nga le minyaka e ngamashumi amane ehlane, ukuba a ku tobise, a ku vivinye, azi oku senhliziyweni yako, ukuba wo yi gcina imiyalo yake yini na? **3** Wa ku tobisa, wa ku lambisa, wa ku pa imana, owa u nga l'azi, nela li ng'aziwa oyihlo; ukuba a kwazise ukuti a ku sinkwa sodwa umuntu a pila ngaso; konke oku puma emlonyeni ka Jehova yiloko umuntu a pila ngako. **4** Izingubo zako a zi ku gugelanga, nonyawo lwako a lu vuvukalanga, le minyaka e ngamashumi amane. **5** Wo qonda futi enhliziyweni yako, ukuba, uJehova uNkulunkulu wako u ya ku laya wena, njengomuntu e laya indodana yake. **6** U ya kuyigcinake imiyalo ka Jehova uNkulunkulu wako, u hambe ngezindhlela zake, u m esabe yena. **7** Ngokuba uJehova uNkulunkulu wako u ku ngenisa ezweni elihle, izwe le-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ba xwayiswa ukuba ba nga kukumali. Ba kunjuzwa ngenkonyana.

mifulana yamanzi, elemitombo nezipetu ezipupumayo ezigodini na sezintabeni; **8** izwe li ka kolweni, nebarle, nemivini, nemikiwane, nemiharanate; izwe leminqumo e namafuta, nezinyosi; **9** izwe lapo u ya kudhla kona ukudhla ku nga biko ukudinga; a u yi kuswela luto kulo; izwe eli matshe alo a insimbi neli zintaba zalo u ng'emba itusi kuzo. **10** U ya kudhla wesute, u bonge uJehova uNkulunkulu wako ngezwe elihle a ku nike lona.

11 Xwaya ukuba u nga kohlwa uJehova uNkulunkulu wako, ngokungayigcini imiyalo yake, namasiko ake nezimiso zake, engi ku yala ngazo namhla: **12** funa u su dhlile wesuta, u su wakile izindhlu ezinhle, wa hlala kuzo; **13** izinkomo zako nezimvu zako se z'andile, nesiliva lako negolide lako se l'andile nako konke o nako se kwandile; **14** inhliziyo yako i pakame, u kohlwe uJehova uNkulunkulu wako, owa ku kipa ezweni la sEgipite, endhlini yobugqili; **15** owa ku hambisa ku lelo hlane elikulu nelesabekayo, lapo kwa ku kona izinyoka ezi nobuhlungu obushisayo, na ofezela, nesigagadu, lapo kwa ku ngeko manzi; owa ku vezela amanzi etsheni lensengetshe; **16** owa ku pa imana ehlane, ela li ng'aziwa oyihlo; ukuba a ku tobise, a ku vivinye, ukuba enze okuhle kuwe ekupeleni kwako: **17** funa u ti enhliziyweni yako, Amandhla ami, nezikwepa zesandhla sami zi ngi zuzele le mfuyo. **18** Kodwa wo m kumbula uJehova uNkulunkulu wako, ngokuba uyena o ku nika amandhla okuzuza imfuyo; ukuze a qinise isivumelwano sake asifungelayo koyihlo, njenga namhla. **19** Ko ti, uma u kohlwa uJehova uNkulunkulu wako, u landele abanye onkulunkulu, u ba konze, u kuleke kubo, ngi ya fakaza ngani namhla, ukuba ni ya kububa nokububa. **20** Njengezizwe ezi bujiswa uJehova ngapambi kwenu, ni ya kububa kanjalo nani; ngokuba na ni nga vumi ukulalela izwi li ka Jehova uNkulunkulu wenu.

9 Yizwa, Israeli: u ya kuliwela iJordan namhla, u ngene u xoshe izizwe ezikulu nezi namandhla kunawe, imizi emikulu, e biyelwe izingange ezi fika ezulwini, **2** abantu abakulu nabade, amadodana amaAnaki, eniwaziyo, nenizwileyo ngawo, ku tiwa, Ubani o ng'ema pambi kwamadodana ka Anaki na? **3** Yazike namhla, ukuba uJehova uNkulunkulu wako uyena owelayo ngapambi kwako njengomlilo odhlayo; u ya kubashabalalisa, a ba vove emehlweni ako: wo ba xoshake, u ba bubise masinyane, njengokukuluma ku ka Jehova kuwe. **4** U nga sho enhliziyweni yako, lapa uJehova uNkulunkulu wako e se ba hlohloloze ngapambi kwako, ukuti, Ngokulunga kwami uJehova u ngi ngenisile ukuba ngi lake leli zwe; inganti ku ngokushinga kwa lezi zizwe ukuba uJehova a zi xoshe ngapambi kwako. **5** A ku yi ngokulunga kwako, a ku yi na ngobuqoto benhliziyo yako, ukuba u ngene u dhle izwe lazo; kodwa ngenxa yokushinga kwa lezi zizwe uJehova uNkulunkulu wako u zi xosha ngapambi kwako, na ngenxa yokuba e qinisa izwi uJehova a li fungela koyihlo, ku Abraham, ku Isaka, na ku Jakobe.

6 Yazike ukuba uJehova uNkulunkulu wako a ka ku niki leli zwe elihle ukuba u lake ngenxa yokulunga kwako; ngokuba u isizwe esi ntamo i lukuni. **7** Kumbulake, u nga kohlwa, ukumcunula kwako uJehova uNkulunkulu wako ehlane: ku sukela osukwini lokupuma kwako ezweni la sEgipite, na ze na fika ku le ndawo, na ni zinge ni hlubuka ku Jehova. **8** Na seHorebe na m cunula uJehova, uJehova wa ni tukutelela ukuba a ni shabalalise. **9** Lapo se ng'enyukele entabeni ukuba ngamkele izibhebhe zamatshe, izibhebhe zesivumelwano es'enziwa uJehova nani, nga hlala entabeni izimini ezi ngamashumi amane, nobusuku obu ngamashumi amane; a ngi dhlanga kudhla, a ngi puzanga manzi. **10** UJehova wa ngi nika izibhebhe ezimbili zamatshe zi

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

lotshwe ngomunwe ka Nkulunkulu; kwa ku lotshwe ku zona njengamazwi onke a kulunywa uJehova kinina entabeni ngapakati kwomlilo, ngosuku lombutano. 11 Kwa ti ekupeleni kwezimini ezi ngamashumi amane, nobusuku obu ngamashumi amane, uJehova wa ngi nika izibhebhe ezimbili zamatshe, izibhebhe zesivumelwano. 12 Wa ti uJehova kimina, Suka lapa, wehle masinyane; ngokuba abantu bako obakipileyo Egipite ba z'onakalisile; ba pambukile masinyane endhleleni enga ba yala ngayo; ba z'enzele isitombe esibunjiweyo. 13 Futi uJehova wa kuluma kimi, wa ti, Ngi ba bonile laba bantu, bheka, ba ngabantu aba ntamo i lukuni: 14 ngi yeke, ngi ba shabalalise, ngi li hlikihle li pele igama labo ngapansi kwezulu; ng'enze wena u be isizwe esi namandhla nesikulu kunabo. 15 Nga pendukake ng'ehla entabeni, intaba ya i vuta umlilo: izibhebhe ezimbili zesivumelwano zi sezandhleni zami zombili. 16 Nga bheka, nakoke na n'onile ku Jehova uNkulunkulu wenu; na ni z'enzele inkonyana ebunjiweyo: na ni sheshile ukupambuka endhleleni ena yalwa ngayo uJehova. 17 Nga tata izibhebhe zombili, nga zi ntshinga ngezandhla zozibili, nga zi pahlaza pambi kwamehlo enu. 18 Nga wa pansi pambi ku ka Jehova, njenga kuqala, izimini ezi ngamashumi amane, nobusuku obu ngamashumi amane; a ngi dhlanga kudhla a ngi puzanga manzi; ngenxa yezono zonke zenu en'ona ngazo, ngokwenza okubi emehlweni ka Jehova, ukuba ni m cunule. 19 Ngokuba nga ngi lwesaba ulaka nokufuteka okukulu uJehova a ni tukutelele ngako ukuba a ni shabalalise, kodwa uJehova wa ngi lalela na nga leso sikati futi. 20 UJehova wa m tukutelela kakulu uAron ukuba a m shabalalise; nga m tandazela uAron futi nga leso sikati. 21 Nga si tata isono senu, inkonyana ena ni y'enzile nga yi shisa ngomlilo, nga yi gxoba, nga yi sila nga yi colisisa ya ze ya ba njengotuli; utuli lwayo nga lu ponsa emfulaneni owehlayo entabeni.

22 Na seTabera na seMasa, na seKibroti-hatava, na m cunula uJehova. 23 Na lapa uJehova e ni susa eKadeshe-barneha, e ti, Yenyukani ni li dhle izwe engi ni nike lona; na hlubuka ezwini li ka Jehova uNkulunkulu wenu, a ni kolwanga uye, a ni li lalelanga izwi lake futi. 24 Na ni hlubuhlubuka ku Jehova ku suka osukwini enga ni qabuka ngalo.

25 Ngakoke nga wa pansi pambi ku ka Jehova izimini ezi ngamashumi amane nobusuku obu ngamashumi amane, enga wa ngazo; ngokuba uJehova wa e te u za kunishabalalisa. 26 Nga tandaza ku Jehova, nga ti, E Nkosi Jehova, Musa ukububisa abantu bako, nefa lako, olihlengileyo ngobukulu bako, nolikipileyo Egipite ngesandhla esi namandhla. 27 Kumbula izinceku zako, uAbraham, noIsaka, noJakobe; u nga bheki inkani ya laba bantu, nokushinga kwabo, nezono zabo, 28 funa izwe owa si kipa kulo li ti, Ku ngokuba uJehova wa e nge namandhla okubangenisa ezweni a ba tembise lona, na ngokuba wa e ba zonda, ukuba a ba kipe ukubabulala ehlane. 29 Noko ba ngabantu bako, nefa lako olikipileyo ngamandhla ako amakulu, na ngengalo yako eyeluliweyo.

10 Nga leso sikati uJehova wa ti kimi, Zibazele izibhebhe ezimbili zamatshe njeng'ezokuqala, wenyukele kimina entabeni, u z'enzele umpongolo womuti. 2 Ngi ya kuloba ezibhebheni amazwi a e kuzo izibhebhe zokuqala owazipahlazayo; u zi fake empongolweni. 3 Ng'enzake umpongolo ngomuti wesinqawe, nga baza izibhebhe ezimbili, ezi njeng'ezokuqala, ng'enyukela entabeni, izibhebhe ezimbili zi sesandhleni sami. 4 Wa loba ezibhebheni, njengaloko okwa lotshwa kuqala, amazwi a ishumi a kulunywa kinina uJehova entabeni ngapakati kwomlilo ngosuku lombutano: uJehova wa ngi nika zona. 5 Nga penduka, ng'ehla entabeni, nga faka izibhebhe empongolweni e be

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ma ba tobele uJehova ngenxa yesimilo sake nezenzo zake.

ngi w'enzile; zi kona lapo, njengokuyalwa kwami nguJehova. **6** (Aba kwa Israeli b'esuka eBeroti Benejakan, ba fika eMosera. Wa fa lapo uAron, wa mbelwa kona; uElazare indodana yake wa konza ebupristini esikundhleni sake. **7** B'esuka lapo ba ya eGudegoda; b'esuka eGudegoda ba ya eJobata, izwe lemifulana yamanzi. **8** Nga leso sikati uJehova w'ahlukanisa isizwe sa kwa Levi, ukuba si twale umpongolo wesivumelwano si ka Jehova si me pambi ku ka Jehova ukumkonza nokubusisa egameni lake, ku ze ku be namhlanje. **9** Ngakoke uLevi a ka naso isabelo nefa ku bafo wabo; uJehova u ifa lake, njengokukuluma ku ka Jehova uNkulunkulu wako kuye.) **10** Nga hlala entabeni njenga kuqala izimini ezi ngamashumi amane nobusuku obu ngamashumi amane: uJehova wa ngi lalela nga leso sikati futi; uJehova a ka tandanga ukukububisa. **11** Wa ti uJehova kimi, Suka, u hambe ngapambi kwabantu; ba ya kungena ba lake izwe, enga li fungela koyise ukubanika lona.

12 Kalokuke Israeli, uJehova uNkulunkulu wako u funani kuwe, ngapandhle kwokuba u m esabe uJehova uNkulunkulu wako, u hambe ngazo zonke izindhlela zake, u m tande, u m konze uJehova uNkulunkulu wako ngayo yonke inhliziyo yako, na ngawo wonke umpefumulo wako, **13** u yi gcine imiyalo ka Jehova, nezimiso zake engi ku yala ngazo namhla, ku ku lungele. **14** Bheka, izulu, nezulu lamazulu li ngeli ka Jehova uNkulunkulu wako, umhlaba, nako konke oku kuwo. **15** Kodwa inhliziyo ka Jehova ya i te ncasha koyihlo ukubatanda, wa keta inzalo yabo ngasemva kwabo, nina kunabantu bonke, njenga namhla. **16** Sokanike ijwabu lenhliziyo yenu, ni nga be ni sa ba zintamo zi lukuni. **17** Ngokuba uJehova uNkulunkulu wenu u nguNkulunkulu wa onkulunkulu, iNkosi yamakosi, uNkulunkulu omkulu, o namandhla nowesabekayo, o nga keti muntu, no nge siye undhlamvuzo. **18** Wahlulela kahle inkedama nomfelokazi, u tanda owezizwe, a mu pe ukudhla nezingubo. **19** M tandênike owezizwe; ngokuba nani na ni ngabezizwe ezweni la sEgipite. **20** Wo m esaba uJehova uNkulunkulu wako, u m konze yena, u namatele kuye, u funge igama lake. **21** Yena u indumiso yako, yena u nguNkulunkulu wako, okwenzele lezi zinto ezinkulu nezesabekayo, ezi bonwe amehlo ako. **22** Oyihlo b'ehlela Egipite be ngabantu aba ngamashumi a isikombisa; manje uJehova uNkulunkulu wako u kwenzile u be njengezinkanyezi zezulu ngobuningi.

11 Ngakoke wo m tanda uJehova, uNkulunkulu wako, u londe isilondolozelo sake, nezimiso zake namasiko ake, nemiyalo yake njalonjalo. **2** Yazinike namhla; ngokuba a ngi kulumi nabantwana benu, abangaziyo, naba nga ka ku boni ukulaya ku ka Jehova uNkulunkulu wenu, ubukulu bake, nesandhla sake esi namandhla, nengalo yake eyeluliweyo, **3** nezibonakaliso zake, nezenzo zake azenzayo ngapakati kweEgipite ku Faro inkosi ya sEgipite, na kulo lonke izwe lake; **4** nakwenzayo kuyo impi ya sEgipite emahashini abo, na sezinqolaneni zempi zabo; ukwenza kwake ukuba amanzi oLwandhle oluBomvu a ba gubuzele ekunilandeleni kwabo, nokubujiswa kwabo nguJehova ku ze ku be namhla; **5** nakwenzayo kinina ehlane, na ze na fika ku lendawo; **6** nakwenzayo ku Datan, na ku Abiram, amadodana ka Eliyabe ka Ruben; nokuti umhlaba wa vula umlomo wawo wa ba gwinya, nezindhlu zabo, namatente abo, nako konke okuzwayo okwabalandelayo, ngapakati ku ka Israeli wonke: **7** kodwa amehlo enu a bonile konke ukwenza okukulu ku ka Jehova akwenzayo.

8 Ngakoke ni ya kugcina wonke umyalo engi ku yala ngawo namhla, ni ze ni be namandhla, ni ngene nake izwe, eni welela kulo ukuba ni lake; **9** nokuba nandise izinsuku zenu ezweni uJehova a li fungela koyihlo

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ukubanika lona, nenzalo yabo, izwe eli vame ubisi nezinyosi. **10** Ngokuba izwe eni ngena kulo ukuba ni lake, a li njengezwe la sEgipite ena puma kulo, lapo wa hlwanyela kona imbeu yako, wa yi netisa ngonyawo lwako, njengensimu yemifino; **11** kodwa izwe, eni welela kulo ukuba ni lake, li izwe lezintaba, nezigodi, li puza amanzi emvula yezulu, **12** izwe eli nakekelwa uJehova uNkulunkulu wako: amehlo ka Jehova uNkulunkulu wako a kulo njalo, ku suka ekuqaleni kwomnyaka ku ze ku be sekupeleni kwomnyaka.

13 Ku ya kuti, uma ni yi lalela nokuyilalela imiyalo yami engi ni yala ngayo namhla, ni tande uJehova uNkulunkulu wenu, ni m konze ngayo yonke inhliziyo yenu, na ngawo wonke umpefumulo wenu, **14** ngi ni nike imvula yezwe lenu ngesikati sayo, imvula yokuqala nemvula yamva, ukuze u bute amabele ako newayini lako elisha, namafuta ako. **15** Ngi ya kukunika utshani bezinkomo zako emazweni ako, nawe u ya kudhla w'esute. **16** Xwayani, funa inhliziyo yenu i kohliseke, ni pambuke ni konze abanye onkulunkulu, ni kuleke kubo; **17** ulaka lu ka Jehova lu vute nga kini, a vale izulu, i nga biko imvula, izwe li nga ni niki ukudhla kwalo; ni bube masinyane ezweni elihle eni nikwa lona uJehova.

18 Ngakoke ma ni beke lawa mazwi ami enhliziyweni yenu, na sempefumulweni wenu; ni wa bope a be isibonakaliso esandhleni senu a be iziqova emkatini wamehlo enu. **19** Ni ya kuwafundisa abantwana benu, u kulume ngawo lapo u hlezi endhlini yako, na lapo u hamba ngendhlela, lapo u lalayo, na lapo u vukayo. **20** U wa lobe ezinsikeni zomnyango wendhlu yako, na semasangweni ako; **21** ukuba izinsuku zenu z'andiswe, nezinsuku zabantwana benu, ezweni ela fungelwa koyihlo nguJehova ukubanika lona, njengezinsuku zezulu pezu kwomhlaba. **22** Ngokuba uma ni gcina nokugcina wonke lo myalo engi ni yala ngawo, ni wenze, ni m tande uJehova uNkulunkulu wenu, ni hambe ngazo zonke izindhlela zake, ni namatele kuye; **23** ku ya kuti uJehova a xoshe zonke lezi zizwe ngapambi kwenu; ni ya kuxosha izizwe ezinkulu nezi namandhla kunani. **24** Yonke indawo lapo unyawo lwako lu nyatela kona i ya kuba eyenu; ku suka ehlane na seLebanon, na semfuleni, umfula o nguUfrate, ku ze ku fike elwandhle lokugcina ku be umkaulo wenu. **25** A ku yi kubako muntu o ya kuma pambi kwenu: uJehova uNkulunkulu wenu u ya kwehlisela ezweni lonke eni ya kunyatela kulo uvalo ngani nokwesatshwa kwenu, njengokusho kwake kinina.

26 Bheka, ngi beka namhla ngapambi kwenu isibusiso nesiqalekiso: **27** isibusiso, uma ni lalela imiyalo ka Jehova uNkulunkulu wenu, engi ni yala ngayo namhla; **28** isiqalekiso, uma ni nga laleli imiyalo ka Jehova uNkulunkulu wenu, ni pambuke endhleleni, engi ni yala ngayo namhla, ni landele abanye onkulunkulu eningabaziyo. **29** Ku ya kuti lapo uJehova uNkulunkulu wako e ku ngenisa ezweni o ya kulo ukuba u lake, u beke isibusiso pezu kwentaba iGerizim, nesiqalekiso pezu kwentaba iEbali. **30** Angiti zi ngapesheya kweJordan, nga le kwendhlela ya sentshonalanga, ezweni lamaKanan a'ke eAraba malungana neGiligali nga semiokini ya seMore? **31** Ngokuba ni ya kuliwela iJordan ukuba ni ngene ni dhle izwe eni nikwa lona uJehova uNkulunkulu wenu; ni ya kulidhla, n'ake kulo. **32** Ni ya kuqapela ukwenza zonke izimiso namasiko engi wa beka ngapambi kwenu namhla.

12 Yilezi izimiso namasiko eni ya kuqapela ukuba ni w'enze ezweni eni nikwa lona uJehova uNkulunkulu wa oyihlo ukuba ni lake, zonke izinsuku zokuhamba kwenu emhlabeni. **2** Ni ya kucita nokucita izindawo zonke, lapo izizwe eni ya kuzixosha za zi konza kona onkulunkulu bazo ezintabeni ezipakemeyo na se-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ma ku nikelwe 'ndawen'inye. Umteto ngokudhliwa kwenyama.

magqumeni, na ngapansi kwemiti yonke eluhlaza: **3** ni ya kubidhliza amalati azo, ni pahlaze izinsika zazo, ni shise oAshera bazo ngomlilo; ni gaule izitombe ezibaziweyo za onkulunkulu bazo; ni shabalalise igama lazo ku leyo ndawo. **4** A ni yi kwenze njalo ku Jehova uNkulunkulu wenu. **5** Kodwa indawo uJehova uNkulunkulu wenu a ya kuyiketa kuzo zonke izizwe zenu ukuba a beke kona igama lake, ni ya kuyifuna i likaya lake, ni ze kulo; **6** ni ya kuyileta lapo iminikelo yenu eshiswayo, nemihlatshelo yenu, nokweshumi kwenu, nomnikelo wokupakanyiswa wesandhla senu, nezitembiso zenu, neminikelo yenu yesihle, namazibulo ezinkomo zenu nawezimvu zenu: **7** ni ya kudhla lapo ngapambi ku ka Jehova uNkulunkulu wenu, ni tokoze kuko konke eni yisa isandhla senu kuko, nina nezindhlu zenu, eni busisiwe ngazo uJehova uNkulunkulu wako. **8** A ni yi kwenza njengako konke ukwenza kwetu lapa namhla, ilowo enza oku te ntse emehlweni ake: **9** ngokuba a ni ka fiki ekupumuleni na sefeni, a ni nika lona uJehova uNkulunkulu wenu. **10** Ko ti lapo se ni welile iJordan, n'aka ezweni a ni nika lona uJehova uNkulunkulu wenu, li be ifa lenu, a ni pumuze eziteni zonke zenu inxa zonke, ukuze ni hlale ni londekile; **11** ku ya kutike ku leyo ndawo a ya kuyiketa uJehova uNkulunkulu wenu, ukuze igama lake li hlale kuyo, ni yise kona konke engi ni yala ngako: iminikelo yenu eshiswayo, nemihlatshelo yenu, nokweshumi kwenu, nomnikelo wenu wokupakanyiswa wesandhla senu, nezitembiso zonke zenu eziketiweyo eni tembisa ngazo ku Jehova. **12** Ni ya kutokoza pambi ku ka Jehova uNkulunkulu wenu, nina, namadodana enu, namadodakazi enu, nezisebenzi zenu zesilisa nezesifazana, nomLevi o pakati kwamasango enu, ngokuba e nge naso isabelo nefa kinina. **13** Xwaya u nga yi nikeli iminikelo yako eshiswayo ezindaweni zonke ozibonayo; **14** kodwa endaweni a ya kuyiketa uJehova kwesinye sezizwe zako, u ya kuyinikela lapo iminikelo yako eshiswayo, u kwenze kona konke engi ku yala ngako.

15 Noko u nga hlaba u dhle inyama ngapakati kwawo onke amasango ako, njengokunxanela konke kwenhliziyo yako, njengesibusiso si ka Jehova uNkulunkulu wako a ku nike sona: ongcolileyo nohlambululekileyo a nga ku dhla, njengensepe na njengendhluzele, **16** Kodwa a ni yi kulidhla igazi; ni ya kulicita pansi njengamanzi. **17** U z'u nga dhli ngapakati kwamasango ako okweshumi kwamabele ako nokwewayini lako elisha, nokwamafuta ako, namazibulo ezinkomo zako nawezimvu zako, nezitembiso zako ozitembisayo, neminikelo yako yesihle, nomnikelo wokupakanyiswa wesandhla sako; **18** kodwa u ya kukudhla loku ngapambi ku ka Jehova uNkulunkulu wako endaweni a ya kuyiketa uJehova uNkulunkulu wako, wena nendodana yako, nendodakazi yako, nesisebenzi sako sesilisa nesesifazana, nomLevi o pakati kwamasango ako: u tokoze pambi ku ka Jehova uNkulunkulu wako kuko konke o yisa isandhla sako kuko. **19** Xwaya u nga m deli umLevi ngesikati sonke sokuhlala kwako ezweni lako.

20 Lapo uJehova uNkulunkulu wako anula umkaulo wako njengokukwetembisa kwake, u ti wena, Ngi za kudhla inyama, ngokuba inhliziyo yako i nxanela ukudhla inyama; u nga yi dhla inyama njengokunxanela konke kwenhliziyo yako. **21** Uma indawo a ya kuyiketa uJehova uNkulunkulu wako ukuba a beke igama lake kona i kude kakulu kuwe, u ya kuhlaba okwezinkomo zako nokwezimvu zako a ku nike zona uJehova, njengokukuyala kwami; u dhle ngapakati kwamasango ako njengokunxanela konke kwenhliziyo yako. **22** U ya kukudhla, njengokuba ku dhliwa insepe nendhluzele: ongcolileyo nohlambululekileyo ba ya kudhla ngokufanayo. **23** Kodwa qiniseka

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

A ku nga dhliwa igazi. Ma ba ngeduswa ba konze izitombe.

ukuba u nga li dhli igazi: ngokuba igazi li ngumpefumulo; u nga wu dhli umpefumulo kanye nenyama. **24** U nga li dhli; wo li cita pansi njengamanzi. **25** U nga li dhli; ukuba u hlale kahle wena nabantwana bako emva kwako, lapo wenza oku te ntse emehlweni ka Jehova. **26** Kodwa u ya kutata izinto zako ezingcwele, nezitembiso zako o nazo, u ye endaweni a ya kuyiketa uJehova; **27** u z'u nikele iminikelo yako eshiswayo, inyama, negazi, pezu kwelati li ka Jehova uNkulunkulu wako; igazi lemihlatshelo yako li ya kutelwa pezu kwelati li ka Jehova uNkulunkulu wako; u dhle inyama. **28** Qapela u w'ezwe onke lawa mazwi engi ku yala ngawo, ukuba u hlale kahle wena, nabantwana bako emva kwako ku ze ku be nini, lapo wenza okulungileyo noku te ntse emehlweni ka Jehova uNkulunkulu wako.

29 Lapo uJehova uNkulunkulu wako e nquma izizwe ngapambi kwako, lapo u ngena kona ukuzixosha, u su zi xoshile, wa hlala ezweni lazo; **30** xwaya u nga cushwa ukuzilandela, se zi shabalaliswe ngapambi kwako; u nga buzi na ngonkulunkulu bazo u ti, Lezi zizwe zi konza kanjani onkulunkulu bazo na? nami ngi za kwenze njalo. **31** U ng'enzi njalo ku Jehova uNkulunkulu wako; ngokuba konke oku icilo ku Jehova akuzondayo, zi kwenzile konkulunkulu bazo; ngoba amadodana namadodakazi azo zi wa shisela onkulunkulu bazo emlilweni.

32 Konke engi ku yala ngako, wo qapela u kwenze: u ng'engezi kuko, u nga ku ncipisi.

13 Uma ku vela pakati kwenu umprofeti, noma umpupi wamapupo, a ku nike isibonakaliso mhlaumbe isimangaliso, **2** isibonakaliso noma isimangaliso s'enzeke a kulume ngaso kuwe, e ti, Ma si landele onkulunkulu abanye ongabaziyo, si ba konze; **3** u nga wa laleli amazwi a lowo mprofeti, na lowo mpupi wamapupo: ngokuba uJehova uNkulunkulu wenu u ya ni vivinya, ukubona ukuti ni ya m tanda yini uJehova uNkulunkulu wenu ngenhliziyo yonke yenu na ngompefumulo wonke wenu. **4** No m landela uJehova uNkulunkulu wenu, ni m esabe, ni gcine imiyalo yake, ni lalele izwi lake, ni m konze, ni namatele kuye. **5** Lowo mprofeti na lowo mpupi wamapupo u ya kubulawa, ngokuba u kulumile okwokunambukisa ku Jehova uNkulunkulu wenu, onikipileyo ezweni la sEgipite, wa ku hlenga endhlini yobugqili, ukuba a kweduse endhleleni a ku yala uJehova uNkulunkulu wako ukuba u hambe ngayo. U ya kubucimake lobo bubi ngapakati kwako.

6 Uma umfo wenu, indodana ka nyoko, noma indodana yako, noma indodakazi yako, noma umkako o sesifubeni sako, noma umhlobo wako o njengompefumulo wako kuwe, e ku yenga ngasese, e ti, Ma si hambe si konze abanye onkulunkulu ongabaziyo, wena na oyihlo; **7** onkulunkulu babantu abanihaqileyo, aba seduze nawe, noma aba kude nawe, ku suka ekugcineni kwomhlaba ku ze ku fike ekugcineni kwomhlaba; **8** u nga m vumeli, u nga m laleli; iso lako li nga m haukeli, u nga m yeki, u nga m tukusi: **9** wo m bulala nokumbulala; isandhla sako ma si be esokuqala kuye ukumbulala, isandhla sabantu bonke kamva. **10** Wo m kanda ngamatshe, a fe, ngokuba u fune ukukwedusa ku Jehova uNkulunkulu wako okukipileyo ezweni la sEgipite, endhlini yobugqili. **11** UIsraeli wonke u ya kuzwa, esabe, a nga pindi ukwenza okubi okungaka pakati kwako.

12 Uma u zwa ngomunye wemizi uJehova uNkulunkulu wako a ku nika wona ukuba wake kona, ku tiwa, **13** Amanye amadoda a ngamahatanga a pumile pakati kwako, edusile aba semzini wa kubo, e ti, Ma si hambe si konze abanye onkulunkulu, eningabaziyo; **14** wo t'u fune, u pendhle, u buzisise; ku ti uma ku qinisekile loko, leyo nto i njalo, ukuba leli cilo lenziwe pakati kwako, **15** u ya

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kubabulala nokubabulala abantu ba lowo muzi ngobukali benkemba, u wu shaye u wu bhuqe, nako konke oku kuwo, nezinkomo zawo, ngobukali benkemba. 16 U ya kuqoqela yonke impango yawo pakati nesigcau sawo, u wu shise umuzi ngomlilo, nayo yonke impango yawo u yi ti qotu, u wu shisele uJehova uNkulunkulu wako: u be inxiwa njalo; u nga be u s'akiwa futi. 17 A ku yi kunamatela esandhleni sako luto lwa leyo nto e hlukaniselwa ngokulokotelwa; ukuze uJehova a buye olakeni lwake oluvutayo, a kwenzele isihe, a be nesihe kuwe, a kwandise, njengokufunga kwake koyihlo; 18 lapo u lalela izwi li ka Jehova uNkulunkulu wako, u gcine yonke imiyalo yake engi ku yala ngayo namhla, wenze oku te ntse emehlweni ka Jehova uNkulunkulu wako.

14 Nina ni ngabantwana ba ka Jehova uNkulunkulu wenu: ma ni nga zihxazuli, ni zigege emkatini wamehlo enu ngenxa yabafileyo. 2 Ngokuba wena u isizwe esingcwele ku Jehova uNkulunkulu wako, uJehova u ku ketile ukuba u be isizwe sake esi imfuyo yake kunazo zonke izizwe ezi sebusweni bomhlaba.

3 U nga yi dhli into e icilo. 4 Yilezi izilwane eni ya kuzidhla: inkomo, imvu, nembuzi, 5 indhluzele, nensepe, nenxala, nempalampala, nenkonkoni, iwula, negogo. 6 Nazo zonke izilwane ez'ahlukanisa inselo, ezi dabula inselo kabili, nezetshisayo ezilwaneni, lezi ni nga zi dhla. 7 Kepa ni nga zi dhli lezi kwezetshisayo, na kwez'ahlukanisa inselo: Ikamelo, nonogwaja, nembila, ngokuba zi y'etshisa, zi ng'ahlukanisi inselo, lezi zi ngcolile kinina. 8 Nengulube, ngokuba y'ahlukanisa inselo, kodwa i ng'etshisi, i ngcolile kinina: ni nga yi dhli inyama yayo, ni nga tinti izidumbu zazo.

9 Lezi ni nga zi dhla kuzo zonke ezi semanzini: zonke ezi namapiko nezingqweqwe ni nga zi dhla; 10 ezi nge nawo amapiko nezingqweqwe a ni yi kuzidhla; zi ngcolile kinina.

11 Zonke izinyoni ezihlambululekileyo ni nga zi dhla. 12 Kodwa yilezi eni nga yi kuzidhla: ukozi, nenqe, nengqungqulu, 13 nesipungumangati, noheshe, nomvumvuyana, ngezinhlobo zake, 14 namagwababa onke, ngezinhlobo zawo, 15 nentshe, nozavolo, nenkanku, nonhloyile, ngezinhlobo zake, 16 nesikovana, nesikova esikulu, nomabengwana, 17 newonde, nensingisi, nompishamanzi, 18 nonogolantete, nonozalazingwenya, ngezinhlobo zake, noziningweni, nelulwane. 19 Nako konke okuhuquzelayo, oku namapiko ku ngcolile kinina: a ku yi kudhliwa. 20 Zonke izinyoni ezihlambululekileyo ni nga zi dhla.

21 Ma ni nga dhli ingcuba: u nga mu pa yona ote gozololo o ngapakati kwamasango ako, ukuba a yi dhle; u nga tengisa ngayo kowezizwe: ngokuba wena u isizwe esingcwele ku Jehova uNkulunkulu wako. U nga peki izinyane lembuzi obisini lu ka nina.

22 U ya kunikela nokunikela okweshumi kwokutela konke kwembeu yako, okuvelayo ensimini iminyaka ngeminyaka. 23 U ya kudhla pambi ku ka Jehova uNkulunkulu wako, endaweni a ya kuyiketa ukuba igama lake li hlale kona, okweshumi kwamabele ako, nokwewayini lako elisha nokwamafuta ako, namazibulo ezinkomo zako nawezimvu zako; ukuba u funde ukumesaba uJehova uNkulunkulu wako njalo. 24 Uma indhlela i kude kuwe, u nge namandhla okukutwala, ngokuba indawo i kude kakulu kuwe a ya kuyiketa uJehova uNkulunkulu wako ukuba a beke kona igama lake, lapo uJehova uNkulunkulu wako e ku busisa: 25 u ya kukwenana ngemali, u yi songe leyo mali esandhleni sako, u ye ku leyo ndawo a ya kuyiketa uJehova uNkulunkulu wako: 26 wenane leyo mali ngako konke oku nxanelwa inhliziyo yako, noma izinkomo, noma izimvu, noma iwayini, noma upuzo olu namandhla, noma ikupi oku tandwa inhliziyo yako; u dhle lapo pambi ku

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ka Jehova uNkulunkulu wako, u tokoze, wena, nabendhlu yako. 27 UmLevi, o ngapakati kwamasango ako, u nga m deli; ngokuba a ka naso isabelo nefa kanye nawe.

28 Ekupeleni kweminyaka emitatu njalo u ya kukipa okweshumi konke kwokutela kwezwe lako nga lowo mnyaka, u ku bekelele ngapakati kwamasango ako: 29 umLevi, ngokuba ka naso isabelo nefa kanye nawe, nowezizwe, nenkedama, nomfelokazi, aba ngapakati kwamasango ako, ba ya kuza, ba dhle, ba sute; ukuze uJehova uNkulunkulu wako a ku busise kuwo wonke umsebenzi wesandhla sako owenzayo.

15 Ekupeleni kweminyaka e isikombisa njalo u ya kwenza uyekelo. 2 Yile indhlela ya lolo yekelo: wonke otshelekileyo u ya kuyekela loko a tsheleka ngako ku makelwane wake; a ka yi kukubiza loko ku makelwane wake, noma ku mfo wabo; ngokuba uyekelo lu ka Jehova lu menyezelwe. 3 Kowezizwe u nga ku biza; kodwa loko okwako oku ku mfo wenu, isandhla sako si ya kumyekela kuko. 4 Noko a ka yi kubako ompofu kuwe (ngokuba uJehova u ya kukubusisa nokukubusisa ezweni a ku nika lona uJehova uNkulunkulu wako li be ifa lako u li dhle), 5 kupela uma u lalela nokulalela izwi li ka Jehova uNkulunkulu wako, u qapele ukuyenza le miyalo yonke engi ku yala ngayo namhla. 6 Ngokuba uJehova uNkulunkulu wako u ya kukubusisa, njengokukwetembisa kwake: izizwe eziningi zi ya kutsheleka kuwe, u nga tsheleki wena; u ya kubusa izizwe eziningi, zona a zi yi kukubusa.

7 Uma ku kona kuwe ompofu, omunye ku bafo wenu, ngapakati na kwa lipi lamasango ako ezweni lako a ku nika lona uJehova uNkulunkulu wako, u ng'enzi inhliziyo yako i be lukuni, u m valele umfo wenu ompofu isandhla sako; 8 wo m vulela nokumvulela isandhla sako, u m tsheleke nokumtsheleka okwanele ukuswela kwake a swele ngako. 9 Xwaya ukuba ku nga biko umcabango wobuhatanga enhliziyweni yako wokuti, Umnyaka wesikombisa, umnyaka woyekelo u sondele; iso lako li be libi ku mfo wenu ompofu, u nga m niki luto; a kale ngawe ku Jehova, ku be isono kuwe. 10 Wo mu pa nokumupa, u nga bi na nhliziyo embi lapo u mu payo; ngokuba ngenxa ya loku uJehova uNkulunkulu wako u ya kukubusisa emsebenzini wonke wako, na kuko konke o yisa isandhla sako kuko. 11 Ngokuba abampofu a ba yi kunqamuka ezweni: ngakoke ngi ya ku yala, ngi ti, Wo m vulela nokumvulela umfo wenu isandhla sako, abahlupekayo bako, nabampofu bako, ezweni la kini.

12 Uma umfo wenu, umHeberu, noma umHeberukazi, e tengiswa kuwe, a ku konze iminyaka e isitupa; ko ti ngomnyaka wesikombisa u m dedele a kululeke kuwe. 13 Ekumdedeleni kwako a kululeke kuwe, a u yi kummukisaze: 14 u ya kumxoshisa ngezimvu, na ngokwesibuya sako, na ngokwesikamo sako sevini; u ya kumupa njengokubusiswa kwako uJehova uNkulunkulu wako. 15 U ya kukumbula ukuba wa u isigqili ezweni la sEgipite, uJehova uNkulunkulu wako wa ku hlenga: ngakoke ngi ya ku yala nga le nto namhla. 16 Ko ti uma e ti kuwe, A ngi z'ukumuka kuwe; ngokuba e ku tanda nendhlu yako, ngokuba e hlezi kahle e nawe; 17 wo ti ke u tabate usungulo, u bhobosele indhlebe yake ngalo esicabheni, a be isigqili sako ku ze ku be nini. Na kuso isigqilikazi sako u ya kwenze njalo. 18 Ma ku nga bi lukuni emehlweni ako, ekumdedeleni kwako a kululeke kuwe; ngokuba u ku sebenzele iminyaka e isitupa okulingene nenkokelo yotoliweyo ngemali, i pindwa kabili: uJehova uNkulunkulu wako u ya kukubusisa kuko konke okwenzayo.

19 Onke amazibulo azelweyo ezinkomeni zako na sezimvwini zako a izinduna, u ya kuwangcwelisela uJehova uNkulunkulu wako: a u yi kusebenza ngezibulo lezinkomo zako, a u yi kugunda izibulo lezimvu zako.

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umkosi wepasika; owamasonto; owamadokodo.

20 U ya kulidhla ngapambi ku ka Jehova uNkulunkulu wako iminyaka ngeminyaka endaweni a ya kuyiketa uJehova, wena nabendhlu yako. 21 Uma li nesici, li xuga, mhlaumbe li impumpute, mhlaumbe li na sipi isici esibi, u nga li hlabeli uJehova uNkulunkulu wako. 22 U ya kulidhla ngapakati kwamasango ako: ongcolileyo nohlambululekileyo ngokufanayo, njengensepe, nendhluzele. 23 A u yi kulidhla igazi lalo kodwa; u ya kulicita pansi njengamanzi.

16 Gcina inyanga uAbibi, wenze ngayo ipasika li ka Jehova uNkulunkulu wako: ngokuba ngenyanga uAbibi uJehova uNkulunkulu wako wa ku kipa ezweni la sEgipite ebusuku. 2 U ya kumhlabela ipasika uJehova uNkulunkulu wako, ezimvwini na sezinkomeni, endaweni a ya kuyiketa uJehova ukuze igama lake li hlale kona. 3 U nga dhli isinkwa esivutshelweyo kanye nalo; izinsuku ezi isikombisa u ya kudhla nalo isinkwa esi nge na mvubelo, isinkwa senhlupeko; ngokuba wa puma ezweni la sEgipite ngokumpampa: ukuze u lu kumbule usuku lokupuma kwako ezweni la sEgipite zonke izinsuku zokuhamba kwako. 4 Ma i nga bonwa kuwe imvubelo emikaulweni yonke yako izinsuku ezi isikombisa; ma ku nga sali luto ku ze ku se lwenyama oyihlabayo ngosuku lokuqala se li shona ilanga. 5 Ma u nga li hlabi ipasika ngapakati kweli lodwa lamasango ako a ku nika wona uJehova uNkulunkulu wako; 6 kodwa endaweni a ya kuyiketa uJehova uNkulunkulu wako ukuze igama lake li hlale kona, u ya kuhlaba lapo ipasika kusihlwa, ekushoneni kwelanga ngesikati owa puma ngaso Egipite. 7 U ya kul'osa u li dhle endaweni a ya kuyiketa uJehova uNkulunkulu wako: u penduke kusasa u ye ematenteni ako. 8 Izinsuku ezi isitupa u ya kudhla isinkwa esi nge na mvubelo; ngosuku lwesikombisa ku ya kuba kona umhlangano ozotileyo ku Jehova uNkulunkulu wako; u nga sebenzi umsebenzi.

9 U ya kuzibalela amasonto a isikombisa: u qale ukuwabala amasonto a isikombisa ngesikati o qala ngaso ukufaka isikela emabeleni a sezinhlangeni. 10 U wenze umkosi wamasonto ku Jehova uNkulunkulu wako ngentela yomnikelo wesihle wesandhla sako, o ya kuwunikela njengokubusiswa kwako uJehova uNkulunkulu wako: 11 u tokoze pambi ku ka Jehova uNkulunkulu wako, wena, nendodana yako, nendodakazi yako, nesisebenzi sako sesilisa nesesifazana, nomLevi o pakati kwamasango ako, nowezizwe, nenkedama, nomfelokazi, aba pakati kwako, endaweni a ya kuyiketa uJehova uNkulunkulu wako ukuze igama lake li hlale kona. 12 U kumbule ukuba wa u isigqili Egipite: u qapele u z'enze lezi zimiso.

13 U ya kuwenza umkosi wamadokodo izinsuku ezi isikombisa, u su butile okwesibuya sako nokwesikamo sako sevini: 14 u ya kutokoza emkosini wako, wena, nendodana yako, nendodakazi yako, nesisebenzi sako sesilisa nesesifazana, nomLevi, nowezizwe, nenkedama, nomfelokazi, aba pakati kwamasango ako. 15 Izinsuku ezi isikombisa u ya kugcina umkosi ku Jehova uNkulunkulu wako endaweni a ya kuyiketa uJehova; ngokuba uJehova uNkulunkulu wako u ya kukubusisa kuko konke ukutela kwezwe lako, na kuwo wonke umsebenzi wezandhla zako, u tokoze impela. 16 Katatu ngomnyaka ku ya kubonakala bonke abesilisa ba kini pambi ku ka Jehova uNkulunkulu wako, endaweni a ya kuyiketa: emkosini wesinkwa esi nge na mvubelo, na semkosini wamasonto na semkosini wamadokodo; ba nga bonakali pambi ku ka Jehova be nga pete luto: 17 ilowo muntu u ya kunikela njengamandhla ake, njengesibusiso si ka Jehova uNkulunkulu wako a ku nike sona.

18 U ya kuzimisela abahluli nezinduna ngapakati kwawo onke amasango ako a ku nika wona uJehova uNkulunkulu wako, ngokwezizwe zako; ba ya kwahlulela abantu ngo-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izindaba zenkolo nezokwahlulela. Umteto wamakosi.

kwahlulela okulungileyo. **19** U nga pambukisi isinqumo; u nga keti abantu; u nga bi undhlamvuzo; ngokuba umvuzo u puputekisa amehlo abahlakanipileyo, u hlanekezela amazwi abalungileyo. **20** Okulungileyo nya wo ku landela, ukuze u pile, u lake izwe a ku nika lona uJehova uNkulunkulu wako.

21 U nga zitshaleli uAshera womuti noma owa lupi uhlobo nga selatini li ka Jehova uNkulunkulu wako, o ya kuzenzela lona. **22** U nga zimiseli na nsika; into e zondwa uJehova uNkulunkulu wako.

17 U nga m hlabeli uJehova uNkulunkulu wako inkomo noma imvu e nesici, noma e nantoni embi; ngokuba loko ku icilo ku Jehova uNkulunkulu wako.

2 Uma ku tolakala pakati kwako, ngapakati na kweli lodwa lamasango ako a ku nika wona uJehova uNkulunkulu wako, indoda, noma owesifazana, owenza okubi emehlweni ka Jehova uNkulunkulu wako ngokweqa isivumelwano sake, **3** wa hamba wa konza abanye onkulunkulu, wa kuleka kubo, noma ilanga, noma inyanga, nanye into yebandhla lezulu, engi nga ni yalelanga yona, **4** u bikelwe u ku zwe; wo ti u buzisise ngako, bheka uma ku qinisekile, ukuba leyo nto i njalo, ukuba leli cilo l'enziwe kwa Israeli, **5** wo ti ke u kipele leyo ndoda nokuba lowo wesifazana o wenze le nto embi, emasangweni ako, leyo ndoda nokuba lowo wesifazana; u ba kande ngamatshe, ba ze ba fe. **6** Lowo o fanele ukufa ma ka bulawe ngomlomo wa ofakazi ababili, noma abatatu; ma ka nga bulawa ngomlomo wofakazi munye. **7** Isandhla sa ofakazi ma si be esokuqala kuye ukumbulala, isandhla sabantu bonke kamva. U ya kubucimake lobo bubi pakati kwako.

8 Uma ku vuka indaba ekwahlulayo ekwahluleleni, pakati kwegazi negazi, pakati kwecala necala, pakati kwokushaya nokushaya, izindaba zokuxabana ngapakati kwamasango ako; wo suka, wenyukele endaweni a ya kuyiketa uJehova uNkulunkulu wako; **9** u ya kufika ku bapristi abaLevi, na ku mahluli o ya kuba kona nga lezo zinsuku, u buze; ba ya kukutshela isinqumo sokwahlulela. **10** U ya kwenza njengezwi lesinqumo aba ya kukutshela lona ku leyo ndawo a ya kuyiketa uJehova, u qapele ukwenza njengako konke aba ku fundisa kona: **11** u ya kwenza njengezwi lomteto aba ya kukufundisa lona, na njengesahlulelo aba ya kusisho kuwe; u nga cezukeli nga kwesokunene na nga kwesokohlo ku leso sinqumo aba ya kukutshela sona. **12** Umuntu o wenza ngobugabaza ngokungamlaleli umpristi omiyo ukukonza lapo ngapambi ku ka Jehova uNkulunkulu wako, noma i ku mahluli, lowo muntu ma ka fe: u cime lobo bubi kwa Israeli. **13** Abantu bonke ba ya kuzwa, b'esabe, ba nga pindi b'enze ngobugabaza.

14 La u su fikile ezweni a ku nika lona uJehova uNkulunkulu wako, wa li dhla, w'aka kulo, u ti, Ngi ya kuzibekela inkosi, njengazo zonke izizwe ezingihaqileyo; **15** wo m beka impela a be inkosi yako, o ya kuketwa uJehova uNkulunkulu wako: u ya kubeka omunye ku bafo wenu a be inkosi yako; a u na kuzibekela umuntu wezizwe, o nge siye umfo wenu. **16** Kodwa a ka yi kuzandisela amahashi, a buyisele abantu Egipite ukuba a w'andise amahashi; ngokuba uJehova u shilo kinina ukuti, A ni sa yi kupinda ni buyele nga leyo ndhlela. **17** A nga zandiseli nabafazi, ukuze inhliziyo yake i nga pambuki: a nga zandiseli kakulu isiliva negolide.

18 Ku ya kuti lapo e hlezi esihlalweni sobukosi sombuso wake, a zilobele impinda ya lo mteto encwadini, e tata ku leyo e kona ngapambi kwabapristi abaLevi: **19** i ya kuba kuye a yi funde zonke izinsuku zokuhamba kwake; ukuba a funde ukumesaba uJehova uNkulunkulu wake, nokugcina onke amazwi a lo mteto na lezi zimiso a zenze; **20** ukuba inhliziyo yake i nga pakami ngapezu kwabafo

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

wabo, nokuba a nga pambuki emyalweni, a ye nga kwesokunene na nga kwesokohlo: ukuze a z'andise izinsuku zake embusweni wake, yena, nabantwana bake, pakati ku ka Israeli.

18 Abapristi abaLevi, isizwe sonke sa kwa Levi, a si yi kuba naso isabelo nefa kanye noIsraeli: ba ya kudhla iminikelo ka Jehova eyenziwa ngomlilo, nefa lake. **2** A ba yi kuba nalo ifa pakati kwabafo wabo: uJehova u ifa labo, njengokusho kwake kubo. **3** Loku ku ya kuba ilungelo labapristi eli puma ku bantu, ku bona aba hlaba umhlatshelo, noma inkomo noma imvu, ukuba ba nike umpristi umkono, nemihlati yombili, nenanzi. **4** U ya kumnika futi izandulela zamabele ako, nezewayini lako elisha, nezamafuta ako, nezandulela zoboya bezimvu zako. **5** Ngokuba uJehova uNkulunkulu wako u m ketile yena kuzo zonke izizwe zako ukuba eme a konze egameni li ka Jehova, yena namadodana ake, ku ze ku be nini.

6 Nxa ku puma umLevi na ku lipi lamasango ako ku Israeli wonke, lapo ete gozololo kona, a fike ngako konke ukunxanela kwenhliziyo yake endaweni a ya kuyiketa uJehova; **7** ko ti a konze egameni li ka Jehova uNkulunkulu wake, njengokwenza kwabafo wabo bonke abaLevi abemiyo lapo pambi ku ka Jehova. **8** Ba ya kupiwa izabelo zokudhla njenga labo, ngapandhle kwa loko okuvelayo ngokutengisa ngoku ka yise.

9 Nxa u su fikile ezweni a ku nika lona uJehova uNkulunkulu wako, u nga fundi ukwenza amacilo a lezo izizwe. **10** Ma ku nga funyanwa kuwe na munye o dabulisa indodana noma indodakazi yake emlilweni, nobhulayo, nenyanga yemihlola, notwebulayo, nesanusi, **11** nozenzayo iziponso, nobhulayo emlozikazini, nesangoma, nobuza emadhlozini. **12** Ngokuba bonke ab'enza lezi zinto ba icilo ku Jehova: na ngawo lawa macilo uJehova uNkulunkulu wako u ya ba xosha ngapambi kwako. **13** Ma u pelele ku Jehova uNkulunkulu wako. **14** Ngokuba lezi zizwe o ya kuzixosha, zi lalela ezinyangeni zemihlola, na kwababhulayo; wenake, uJehova uNkulunkulu wako ka ku vumelanga ukuba wenze njalo.

15 UJehova uNkulunkulu wako u ya kukuvusela umprofeti pakati kwenu ku bafo wenu, a be njengami; ni m lalele yena; **16** njengako konke owa ku cela ku Jehova uNkulunkulu wako eHorebe ngosuku lombutano, u ti, Ma ngi nga pindi ukuzwa izwi li ka Jehova uNkulunkulu wami, ma ngi nga pindi ukubona lo mlilo omkulu futi, funa ngi fe. **17** Wa ti uJehova kimina, Ba kulume kahle ku loko abakukulumileyo. **18** Ngi ya kubavusela umprofeti pakati kwabafo wabo, a be njengawe; ngi ya kubeka amazwi ami emlonyeni wake; u ya kukuluma kubo konke engi ya kumyala ngako. **19** Ku ya kuti, ongawalaleliyo amazwi ami awakulumayo egameni lami, ngi ku bize kuye.

20 Kodwa umprofeti o ya kukuluma izwi ngobugabaza egameni lami, engi nga m yalanga ukuba a li kulume, no ya kukuluma egameni labanye onkulunkulu, lowo mprofeti u ya kufa. **21** Uma u ti enhliziyweni yako, Si ya kulazi ngani igama eli nga kulunywanga uJehova na? **22** uma umprofeti e kuluma egameni li ka Jehova, uma i nga biko leyo nto, i ng'enzeki, ileyoke into e nga kulunywanga uJehova: umprofeti u ku kulumile ngobugabaza; ni nga bi na luvalo ngaye.

19 Lapo uJehova uNkulunkulu wako e se zi nqumile izizwe, e lizwe lazo a ku nika lona uJehova uNkulunkulu wako, u zi xosha, u hlale emizini yazo, na sezindhlini zazo; **2** wo z'ahlukanisela imizi emitatu pakati kwezwe lako a ku nika lona uJehova uNkulunkulu wako ukuba u lake. **3** U ya kuzilungisela indhlela, wahlukanise katatu imikaulo yezwe lako, uJehova uNkulunkulu wako a ku nika lona li be ifa lako, ukuze ababulali bonke ba balekele kona.

4 Nansi indaba yombulali o ya kubalekela kona a pile: o bulala uma-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kelwane wake e ngazelele, e be kade e nga m zondi; 5 njengokuba umuntu a nga ya ehlatini nomakelwane wake ukugaula imiti, ingalo yake i galele ngezembe ukunquma umuti, insimbi i punyuke empinini, i m shaye umakelwane wake, a fe; u ya kubalekela komunye wa le mizi a pile; 6 funa umpindiseli wegazi a m landele umbulali, i sa shisa inhliziyo yake, a m fice ngokuba indhlela inde, a m bulale; inganti u be nga fanele ukufa, ngokuba e be kade e nga m zondi. 7 Ngakoke ngi ya ku yala, ngi ti, U ya kuzahlukanisela imizi emitatu. 8 Uma uJehova uNkulunkulu wako e wanula umkaulo wako, njengokufunga kwake koyihlo, a ku nike lonke izwe a tembisa ukulinika oyihlo; 9 uma u gcina lo myalo wonke u w'enze engi ku yala ngawo namhla, u m tande uJehova uNkulunkulu wako, u hambe ezindhleleni zake njalo; u su ya kwengezela imizi emitatu futi ngapandhle kwa le mitatu: 10 ukuba igazi eli msulwa li nga palazwa pakati kwezwe lako a ku nika lona uJehova uNkulunkulu wako li be ifa lako, igazi li be pezu kwako.

11 Kodwa uma umuntu e m zonda umakelwane wake, a m qamele, a m vukele, a m bulale, a fe, a balekele komunye wa le mizi; 12 amalunga omuzi wa kubo a ya kumlanda, a m kipe lapo, a m kapele esandhleni sompindiseli wegazi ukuba a fe. 13 Iso lako ma li nga m haukeli, wo susa igazi eli msulwa kwa Israeli ukuze u hlale kahle.

14 U nga si susi isikonkwane somakelwane wako esa bekwa abokuqala, efeni lako o ya kulidhla, ezweni a ku nika lona uJehova uNkulunkulu wako ukuba u lake.

15 Ufakazi o yedwa a ka yi kusuka a melane nomuntu na nga lipi icala na nga sipi isono esonweni ona ngaso: indaba i ya kuqiniswa ngomlomo wa ofakazi ababili noma ngomlomo wa ofakazi abatatu. 16 Uma ufakazi omubi e suka a melane nomuntu a fakaze ngaye ngokwambuka; 17 amadoda omabili lawo axabeneyo a ya kuma pambi ku ka Jehova, pambi kwabapristi nabahluli aba ya kuba kona nga lezo zinsuku; 18 abahluli ma ba buzisise: ku ti uma ufakazi e ngufakazi wamanga e fakaza amanga ngaye umfo wabo; 19 ni kwenze kuye njengaloko a be hlose ukukwenza ku mfo wabo: u ya kubucimake lobo bubi pakati kwako. 20 Abaseleyo ba ya kuzwa, b'esabe, ba nga pindi ukwenza lobu bubi pakati kwako futi. 21 Iso lako ma li nga haukeli; a ku be umpefumulo ngompefumulo, iso ngeso, izinyo ngezinyo, isandhla ngesandhla, unyawo ngonyawo.

20 Lapo u puma impi ukuba u hlasele izita zako, u bona amahashi, nezinqolana zempi, nabantu abaningi kunawe, ma u nga b'esabi; ngokuba uJehova uNkulunkulu wako u nawe, owa kwenyusa ezweni la sEgipite. 2 Ku ya kuti, la se ni sondela empini, umpristi a sondele a kulume ku bantu, 3 a ti kubo, Yizwake Israeli, ni sondela namhla ukulwa nezita zenu; ma zi nga dangali izinhliziyo zenu; ni ng'esabi, ni nga yayateki, ni nga bi nal'uvalo pambi kwazo; 4 ngokuba uJehova uNkulunkulu wenu uyena o hamba nani, ukuba a ni lwele eziteni zenu, a ni sindise. 5 Izinduna zi ya kukuluma ku bantu, zi ti, Umupi umuntu o wake indhlu entsha o nga ka yi hlukaniseli na? Ma ka hambe a buyele endhlini yake, funa a fe empini, omunye umuntu a yi hlukanisele. 6 Umupi o tshale isivini o nga ka dhli kuso na? Ma ka hambe a buyele endhlini yake, funa a fe empini, si dhliwe omunye. 7 Umupi umuntu o ganwe intombi o nga ka yi tati na? ma ka hambe a buyele endhlini yake, funa a fe empini, i tatwe enye indoda. 8 Izinduna zi ya kubuya, zi kulume futi ku bantu, zi ti, Umupi umuntu owesabayo o nhliziyo i pelamandhla, ma ka hambe a buyele endhlini yake, funa izinhliziyo zabafo wabo zi nyibe njengeyake. 9 Ku ya kuti lapa izinduna se zi qedile ukukuluma ku bantu, zi mise izinduna zempi ezi zo hola abantu.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Imiteto yempi. Ukususwa kwecala legazi. Isifazana esitunjwayo.

10 Lapo u s'u sondela emzini ukuba u lwe nawo, u memezele ukutula kuwo. 11 Ku ya kuti, uma u ku pendula ngezwi lokutula, u ku vulela, ku ya kuti abantu bonke aba funyaniswa pakati kwawo ba be abahxanyelwayo nezigqili kuwe. 12 Kodwa uma wala ukwenza ukutula nawe, u ku hlasela, u ya kuwuvimbezela: 13 lapo uJehova uNkulunkulu wako e wu nikela esandhleni sako, u ya kubulala bonke abesilisa kuwo ngobukali benkemba: 14 kodwa abesifazana, nezingane, nezinkomo, nako konke oku semzini lowo, yonke impango yawo, u ya kuzipangela yona; u ya kuyidhla impango yezita zako a ku nika yona uJehova uNkulunkulu wako. 15 U ya'ukwenze njalo kuyo yonke imizi e kude kakulu nawe, e nge siyo imizi ya lezi zizwe. 16 Kodwa emizini ya laba bantu a ku nika yona uJehova uNkulunkulu wako i be ifa, a u yi kusindisa luto olupefumulayo; 17 u ya kubashaya u ba bhuqe; amaHiti, namaAmori, namaKanan, namaPerizi, namaHivi, namaJebusi, njengokuyalwa kwako nguJehova uNkulunkulu wako; 18 ukuze ba nga ni fundisi ukwenza onke amacilo abo abawenzileyo konkulunkulu babo; n'oneke ku Jehova uNkulunkulu wenu.

19 Lapo u vimbezela umuzi isikati eside, u wu hlasela ukuba u wu tate, u nga bulali imiti yawo ngokuyigalela ngezembe; ngokuba u nga yi dhla, u nga yi gauli; kanti umuti wezwe u ngumuntu, ukuba u vinjezelwe uwe na? 20 Kodwa imiti oyaziyo ukuba a siyo imiti edhliwayo u ya kuyibulala u yi gaule; u ya kwaka izindonga nga semzini o lwa nani, u ze u we.

21 Uma ku funyanwa obuleweyo ezweni a ku nika lona uJehova uNkulunkulu wako ukuba u lake, e dindilize endhle, ku ng'aziwa ombuleleyo: 2 a ya kupuma amalunga ako nabahluli bako ba linganise ibanga lokuya emizini emhaqileyo obuleweyo: 3 ku ya kuti, umuzi o seduze naye obuleweyo, amalunga a lowo muzi a tate isitole ezinkomeni, oku nga zanga ku setshenzwa ngaso, nesi nga bonanga si donsa ejokweni; 4 amalunga a lowo muzi a ya kusehlisela leso sitole esihlanjeni esi namanzi agobhózayo, esi nga linywanga si nga hlwanyelwanga, apule intamo yesitole lapo esihlanjeni. 5 Abapristi, amadodana ka Levi, ba ya kusondela; ngokuba uJehova uNkulunkulu wako u ba ketile bona ukuba ba m konze, ba busise egameni li ka Jehova; ku ya kuma konke ukuxabana nokushaya ngezwi labo. 6 Amalunga onke a lowo muzi a seduze nobuleweyo, a ya kuhlambela izandhla zawo pezu kwesitole es'apulwe intamo esihlanjeni; 7 a ya kupendula a ti, Izandhla zetu a zi li palazanga leli gazi, namehlo etu a ka li bonanga. 8 Tetelela, Jehova, abantu bako uIsraeli omhlengileyo, u nga li beki igazi eli msulwa pakati kwabantu bako uIsraeli. Ba ya kutetelelwa igazi lelo. 9 U ya kususa kanjalo igazi eli msulwa pakati kwako, lapo wenza oku te ntse emehlweni ka Jehova.

10 Lapo u puma impi ukulwa nezita zako, uJehova uNkulunkulu wako e zi kapela ezandhleni zako, u s'u zi tumba, 11 u bona kwabatunjiweyo owesifazana omuhle, inhliziyo i ti ncasha kuye u funa ukumtabata, ukuba a be umkako; 12 u ya kumngenisa endhlini yako; a pucule ikanda lake, a nqume izinzipo zake; 13 ambule izingubo zake zokutunjwa, a hlale endhlini yako, a kalele uyise nonina inyanga epeleleyo: anduba u ye kuye, u be indoda yake, naye a be umkako: 14 ku ya kuti, uma u nga m enameli, u m dedele a ye lapo e tanda kona; kodwa u nga tengisi nokutengisa ngaye ngemali, u nga m enzi isigqili, ngokuba u m onile.

15 Uma indoda i nabafazi ababili, omunye e tandeka, omunye aliwa, be m zalele abantwana bobabili, otandekayo nowaliwayo; indodana yezibulo i ngeyowaliwayo; 16 ku ya kuti msukwana e w'abela amadodana ake

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ifa a nalo, a nga y'enzi izibulo indodana yentandokazi pambi kwendodana yesaliwakazi oku iyona zibulo: **17** kodwa u ya kuvuma ubuzibulo bendodana yowaliwayo ngokuyinika isabelo esipindiweyo kuko konke a nako; ngokuba yona i ngukuqala kwamandhla ake; ilungelo lezibulo li ngelayo.

18 Uma umuntu e nendodana e nenkani, ehlubukayo, e nga vumi ukulalela izwi li ka yise, nezwi li ka nina, noma be yi laya, i nga ba laleli; **19** uyise nonina ba ya kuyibamba, ba yi kipele emalungeni omuzi wa kubo, esangweni lendawo ya kubo; **20** ba ya kuti emalungeni omuzi wa kubo, Le ndodana yetu i nenkani, i ya hlubuka, a i vumi ukulalela izwi letu; i isigege, nenseli. **21** Amadoda onke omuzi wa kubo a ya kuyikanda ngamatshe i fe: u ya kubucimake lobu bubi pakati kwako; wonke uIsraeli u ya kuzwa, esabe.

22 Uma umuntu enzile isono esi fanele ukufa, a bulawe, u m panyeka emtini; **23** isidumbu sake ma si nga hlali ubusuku emtini, kodwa u ya kummbela nokummbela nga lolo suku; ngokuba opanyekiweyo u qalekiswe uNkulunkulu; ukuba u nga li ngcolisi izwe lako a ku nika lona uJehova uNkulunkulu wako li be ifa lako.

22 U z'u nga ti u bona inkomo, mhlaumbe imvu yomfo wenu y'eduka, u zisiteze kuzo: wo zi buyisela nokuzibuyisela ku mfo wenu: **2** Uma umfo wenu e ngeko eduze nawe, mhlaumbe u nga m azi, u ya kuyiyisa endhlini yako, i hlale nawe a ze a yi fune umfo wenu, u yi buyisele kuye. **3** U ya kwenze njalo na ngembongolo yake; wenze njalo na ngengubo yake; wenze njalo na ngako konke okulahlekileyo kwomfo wenu, oku lahleka kuye, wa ku tola: u z'u nga zisitezi. **4** U z'u nga ti u bona imbongolo, mhlaumbe inkomo yomfo wenu i wile endhleleni u zisiteze kuzo: wo zi vusa nokuzivusa u naye.

5 Owesifazana ma ka nga gqoki okwendoda, nendoda ma i ng'ambati ingubo yowesifazana; ngokuba bonke ab'enza loko ba icilo ku Jehova uNkulunkulu wako.

6 Uma u ti gaga pezu kwesidhleke senyoni pambi kwako endhleleni emtini, noma pansi, i mapupu noma i maqanda, unina e fukamele amapupu, mhlaumbe amaqanda, u nga m tati unina namapupu: **7** wo m dedela nokumdedela unina, kodwa u nga zitatela amapupu; ukuba u hlale kahle, u z'andise izinsuku zako.

8 Lapo waka indhlu entsha u ya kwenza umtangala opahleni lwako, ukuba u nga leti igazi pezu kwendhlu yako uma umuntu e wa kona.

9 U nga hlwanyeli isivini sako ngezinhlobo ezimbili zembeu, funa wapucwe konke, imbeu oyihlwanyeleyo, nokutela kwesivini. **10** U nga limi ngenkabi i boshelwe kanye nembongolo, **11** u ng'ambati ixube uboya bezimvu ku hlanganisiwe nelineni.

12 U ya kuzenzela ubendhle emipetweni emine yesivato sako o vata ngaso.

13 Uma umuntu e tata umfazi, a ye kuye, a m ale, **14** a beke pezu kwake izenzo zokumkesa, a m enzele igama elibi, a ti, Nga m tata lo wesifazana, kwa ti se ngi sondele kuye a nga fumanisa izifakazo zobuntombi kuye; **15** uyise nonina bentombi ba ya kukipa izifakazo zobuntombi bentombi, ba zi yise emalungeni omuzi esangweni; **16** uyise wentombi u ya kuti emalungeni, Nga m nika lo muntu indodakazi yami i be umkake, u se y'ala; **17** naku u se bekile izenzo zokuyikesa u ti, A ngi fumanisanga izifakazo zobuntombi endodakazini yako; noko nazi izifakazo zobuntombi bendodakazi yami. Ba ya kweneka ingubo leyo ngapambi kwamalunga omuzi. **18** Amalunga a lowo muzi a ya kumtata lowo muntu, a m laye; **19** a ya kumhlaulisa ngamashekeli esiliva a ikulu, a wa nike uyise wentombi, ngokuba u y'enzele igama elibi intombi ya kwa Israeli: i ya kuba umkake; a ka na kuyilahla zonke izinsuku zake. **20** Kodwa uma le nto i qinisile, izifakazo zobu-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ntombi zi nga funyaniswanga kuyo intombi, **21** ba ya kuyikipela intombi nga semnyango wendhlu ka yise, amadoda omuzi wa kubo a yi kande ngamatshe, i ze i fe, ngokuba y'enzile ubuwula kwa Israeli, i feba endhlini ka yise: u ya kubucimake lobo bubi pakati kwako.

22 Uma umuntu e funyanwa e lele nowesifazana o gcagcile endodeni, ba ya kufa bobabili, indoda e bi lele nowesifazana kanye nowesifazana: u ya kubucimake lobu bubi kwa Israeli.

23 Uma i kona intombazana e se intombi i ingodusi yendoda, umuntu a yi fumane emzini, a lale nayo; **24** ni ya kubakipela esangweni la lowo muzi bobabili, ni ba kande ngamatshe ba ze ba fe; intombi ngokuba ka i kalanga, inganti i semzini; nendoda ngokuba i m onile umfazi womakelwane wayo: u ya kubucimake lobo bubi pakati kwako.

25 Kodwa uma umuntu e fumana intombi e ingodusi i sendhle umuntu a yi poqe a lale nayo; indoda yodwa e lale nayo i za kufa: **26** kodwa u ng'enzi luto entombini; ngokuba a siko isono sokufa entombini; ngoba njengokuba umuntu e vukela umakelwane wake a m bulale i njalo le ndaba; **27** ngokuba u yi fumene i sendhle, ya kala intombi e ingodusi, a kwa bako muntu ukuyisindisa.

28 Uma indoda i fumana intombazana e se intombi, i nge siyo ingodusi, i yi bambe, i lale nayo, ba funyanwe; **29** leyo ndoda e lale nayo i ya kunika uyise wentombi amashekeli esiliva a ngamashumi a isihlanu, i be umkayo, ngokuba i y'onile; a i na kuyilahla zonke izinsuku zayo.

30 Umuntu a nga m tati umfazi ka yise, ambule umpeto wengubo ka yise.

23 O limele emasendeni, noma e nqunyiwe umpambili, a ka yi kungena embutanweni ka Jehova.

2 Umntwana wesihlahla a ka yi kungena embutanweni ka Jehova; ku ze ku be sesizukulwaneni sake seshumi ma ka nga ngeni owake embutanweni ka Jehova.

3 UmAmon noma umMoabe, ma ka nga ngeni embutanweni ka Jehova; ku ze ku be sesizukulwaneni sabo seshumi ma ka nga ngeni owabo embutanweni ka Jehova ku ze ku be nini: **4** ngokuba ka ba ni hlangabezanga ngokudhla na ngamanzi endhleleni, ekupumeni kwenu Egipite, na ngokuba ba tola ngemali uBalam ka Behore wa sePetore la seMesopotamiya, ukuba a ku qalekise. **5** Noko uJehova uNkulunkulu wako a ka m lalelanga uBalam; uJehova uNkulunkulu wako wa pendula isiqalekiso sa ba isibusiso kuwe, ngokuba uJehova uNkulunkulu wako e ku tanda. **6** U nga ba funeli inhlalakahle nokuhle izinsuku zonke zako, ku ze ku be nini.

7 U nga nengwa umEdom ngokuba u ngumfo wenu: u nga nengwa owa sEgipite, ngokuba wa u ngowezizwe ezweni la kubo. **8** Abantwana aba zalwa ibona besizukulwane sesitatu ba ya kungena embutanweni ka Jehova.

9 Lapo u puma u ya kongenisa ukuba u lwe nezita zako, u ya kuzigcina kuko konke okubi. **10** Uma ku kona kinina umuntu o nga hlanzekile ngokumehleleyo ebusuku, ma ka pumele ngapandhle kwekamu, a nga ngeni ngapakati kwekamu: **11** ko ti, la se ku swelela a zigeze ngamanzi; lapo se li shonile ilanga a ngene ngapakati kwekamu. **12** Ma ku be kona indawo ngapandhle kwekamu, lapo u ya kupumela kona ukuya ngapandhle: **13** ma ku be kona isigxa ezikalini zako; ko ti ekupumeleni kwako ngapandhle, u mbe ngaso, u penduke u sibekele okupumayo kuwe: **14** ngokuba uJehova uNkulunkulu wako u ya hamba pakati kwekamu lako, ukukopula, nokukapela kuwe izita zako pambi kwako; ngako ikamu lako ma li be ngcwele; a nga boni into yezinhloni kuwe, a ku fulatele.

15 U nga buyiseli ku mniniso isigqili esi baleke ku mniniso si ze kuwe: **16** ma si hlale kwako, pakati kwako, endaweni esi ya kuyiketa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ngapakati kwelinye lamasango ako, lapo si tanda kona: u nga si katazi.

17 Ma ku nga biko owahlukaniselwa ubufebe kwa Israeli, noma owesifazana noma owesilisa. **18** U nga yi leti inkokelo yesifebe, nomvuzo wenja, endhlini ka Jehova uNkulunkulu wako, ngenxa yesitembiso: ngokuba kokubili loku ku icilo ku Jehova uNkulunkulu wako.

19 U nga tsheleki umfo wenu ngenzalo; inzalo yemali, nenzalo yokudhla, nenzalo yako konke oku tshelekwa ngenzalo. **20** Owezizwe u nga m tsheleka ngenzalo; kodwa umfo wenu u nga m tsheleki ngenzalo, ukuze uJehova uNkulunkulu wako a ku busise kuko konke o yisa isandhla sako kuko ezweni o ngena kulo ukuba u lake.

21 Uma u tembisa ngesitembiso ku Jehova uNkulunkulu wako, u nga libali ukusifeza: ngokuba uJehova uNkulunkulu wako u ya kusibiza nokusibiza kuwe; ku be isono kuwe. **22** Kodwa uma u yeka ukutembisa, a ku yi kuba isono kuwe. **23** Loko o se ku pumile emlonyeni wako u ya kuqapela ukuba u kwenze; njengokwetembisa kwako ku Jehova uNkulunkulu wako, umnikelo wesihle, o kulume ngawo ngomlomo wako.

24 Uma u ngena esivinini somakelwane wako, u nga dhla amavini, wesute njengokutanda kwako; kodwa u nga faki luto esitsheni sako. **25** Uma u ngena ensimini yamabele yomakelwane wako a sezinhlangeni, u nga zika izikwebu ngesandhla sako; kodwa u nga yisi isikela emabeleni omakelwane wako a sezinhlangeni.

24 Lapo umuntu e tata umfazi, e se m gcagcele, ko ti uma e nga bi nasasasa kuye, ngokuba u fumene into yezinhloni kuye, a m lobele incwadi yesahlukaniso, a m nike yona esandhleni sake, a m kipe endhlini yake. **2** Lapo e se pumile endhlini yake, a nga hamba, a be ngowomunye umuntu. **3** Uma leyo ndoda yamva i m ala, i m lobele incwadi yesahlukaniso, i m nike yona esandhleni sake, i m kipa endhlini yayo; noma leyo ndoda yamva i fa, e bi m tatile ukuba a be umkayo; **4** indoda yake yokuqala eyamlahlayo i nge pinde i m tate a be umkayo emva kwokuba e se ngcolisiwe; ngokuba loko ku icilo pambi ku ka Jehova: u nga ze wenza ukuba izwe l'one a ku nika lona uJehova uNkulunkulu wako li be ifa lako.

5 Lapo umuntu e tatile umfazi omusha ma ka nga pumi impi, a ku nga bekwa pezu kwake umsebenzi nakuba imupi: u ya kuhlala e kululekile endhlini yake umnyaka u be munye, a tokozise umkake amtatileyo.

6 Ma ku nga tatwa itshe lokusila, noma imbokondwe, ku be isibambiso, ngokuba lowo u tata umpefumulo u be isibambiso.

7 Uma ku funyanwa umuntu oweba umuntu wa ku bafo wabo, aba kwa Israeli, a m enze isigqili, mhlaumbe a tengise ngaye; lelo sela li ya kufa: u ya kubucimake lobo bubi pakati kwako.

8 Qapela esifweni socoko, u qapelisise, u kwenze konke o ku fundiswa abapristi abaLevi: njengokubayala kwami, ni ya kuqapela ukwenze njalo. **9** Kumbula akwenzayo uJehova uNkulunkulu wako ku Miriyam endhleleni, ekupumeni kwenu Egipite.

10 Lapo u tsheleka owakelene nawe nakuba yini etshelekwayo, u nga ngeni endhlini yake ukulanda isibambiso sake. **11** Wo ma pandhle; lo omtshelekayo u ya kukukipela isibambiso pandhle. **12** Uma e ngumuntu ompofu, u nga lali naso isibambiso sake; **13** wo si buyisela nokusibuyisela isibambiso kuye ekushoneni kwelanga, ukuba a lale ngengubo yake, a ku busise: ku be ukulunga kuwe pambi ku ka Jehova uNkulunkulu wako.

14 Ma u nga pati ngokahlo oqashiweyo ohlupekayo empofu, noma e ngowabafo wenu, noma e ngowabezizwe aba sezweni la kini pakati kwamasango ako; **15** ngosuku lwake u ya kumnika inkokelo yake, ilanga li nga shoni pezu kwayo; (ngokuba e

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

mpofu yena, u beka inhliziyo yake kuyo); funa a kale ngawe ku Jehova, ku be isono kuwe.

16 Oyise ka ba yi kubulawelwa abantwana, nabantwana ka ba yi kubulawelwa oyise: ilowo muntu u ya kubulawa ngesake isono.

17 U z'u nga pambukisi isinqumo esi imfanelo yowezizwe, noma yenkedama, u nga tati nezingubo zomfelokazi zi be isibambiso; **18** wo kumbula ukuba wa u isigqili Egipite, uJehova uNkulunkulu wako wa ku hlenga kona; ngako ngi ya ku yala ukuba wenze le nto.

19 Lapo u vuna isivuno sako ensimini yako, u kohliwe isitungu ensimini, u nga buyeli ukusilanda: si ya kuba esowezizwe, nenkedama, nomfelokazi; ukuba uJehova uNkulunkulu wako a ku busise kuyo yonke imisebenzi yezandhla zako. **20** Lapo u vutuza umnqumo wako, u nga pindi u buyekeze amagatsha: ku ya kuba okwowezizwe, nokwenkedama, nokwomfelokazi. **21** Lapo u ka isivini sako, u nga kotozi emva kwako; ku ya kuba okwowezizwe, nokwenkedama, nokwomfelokazi. **22** U z'u kumbule ukuba wa u isigqili ezweni la sEgipite: ngako ngi ya ku yala ukuba wenze le nto.

25 Uma ku vela ukuxabana pakati kwabantu, ba ye emacaleni b'ahlulelwe; ku ya kutetwa olungileyo, ku lahlwe oshingayo; **2** ko ti uma lowo oshingayo e fanele ukushaywa, umahluli ma ka m lalise pansi, a shaywe kona pambi kwobuso bake imivimbo e lingene nokushinga kwake. **3** A nga m shaya imivimbo e ngamashumi amane, a ng'engezi; funa ku ti uma engeza, a m shaye ngapezu kwa le ngemivimbo emininingi, umfo wenu a shaywe imbuqa emehlweni ako.

4 U nga yi faki inkabi isifonyo lapo i bhula.

5 Uma izelamane z'aka ndawonye, omunye wazo a fe e nge na ndodana, umfazi wofileyo a nga gani ngapandhle, kowezizwe: umfo wabo wendoda yake ma ka ye kuye, a m tate a be umkake, a m ngene. **6** Ko ti izibulo alizalayo li me egameni lomfo wabo ofileyo, ukuba li nga hlikihlwa li pele igama lake kwa Israeli. **7** Kodwa uma umuntu e nga tandi ukumtata umka mfo wabo, umka mfo wabo k'enyukele ku malunga esangweni, a ti, Umfo wabo wendoda yami u y'ala ukuvusela umfo wabo igama kwa Israeli; a ka vumi ukungingena. **8** Amalunga omuzi wa kubo a ya kumbizake, a kulume naye: uma e mi e ti, A ngi tandi ukumtata; **9** umka mfo wabo u ya kusondela kuye pambi kwamalunga, a kumule isicatulo sake onyaweni lwake, a m fele ngamate ebusweni; a pendule a ti, Ma kwenziwe njalo ku muntu o nga y'aki indhlu yomfo wabo. **10** Igama lake li ya kubizwa kwa Israeli, li tiwe, Undhlu yosicatulo sake si kunyuliwe.

11 Lapo ku xabana abantu ababili, umfazi womunye e sondela ukwopula indoda yake esandhleni soyishayayo, elule isandhla sake, a m bambe ngompambili; **12** u ya kumnquma isandhla, iso lako ma li nga hauki.

13 Ma ku ze ku nga biko esikwameni sako izisindo ngezisindo esikulu nesincane. **14** U nga bi nazo endhlini yako izilinganiso ngezilinganiso, esikulu, nesincane. **15** Wo ba nesisindo esipeleleyo nesilungileyo; wo ba nesilinganiso esipeleleyo nesilungileyo: ukuze izinsuku zako z'ande ezweni a ku nika lona uJehova uNkulunkulu wako. **16** Ngokuba bonke ab'enza okunje, bonke ab'enza oku nga fanele, ba icilo ku Jehova uNkulunkulu wako.

17 Kumbula okwenziwa uAmaleki kuwe endhleleni ekupumeni kwenu Egipite, **18** ukuti wa hlangana nawe endhleleni, wa shaya aba semva kwako, bonke aba iziboto emva kwako, lapo u s'u yetile u dangele; a ka m esabanga uNkulunkulu. **19** Ngakoke ko ti lapo uJehova uNkulunkulu wako e se ku pumuzile kuzo zonke izita zako inxa zonke, ezweni a ku nika lona uJehova uNkulunkulu wako, ukuba u li dhle li be ifa lako, u

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

si hlikihle si pele isikumbuzo si ka Amaleki ngapansi kwezulu; u z'u nga kohlwa.

26 Ko ti lapo se u ngenile ezweni a ku nika lona uJehova uNkulunkulu wako li be ifa lako, u su li dhla, wake kulo, **2** u tate izandulela zezitelo zonke zomhlaba, o ya kuzingenisa zi vela ezweni lako a ku nika lona uJehova uNkulunkulu wako; u ku fake eqomeni, u ye ku leyo ndawo a ya kuyiketa uJehova uNkulunkulu wako ukuze igama lake li hlale kona. **3** U ya kufika ku mpristi o ya kuba kona nga lezo zinsuku, u ti kuye, Mina ngi ya zibika namhla ku Jehova uNkulunkulu wako, ukuba ngi fikile ezweni a li fungela uJehova kobaba ukuba a si nike lona. **4** Umpristi u ya kutata iqoma esandhleni sako, a li beke pansi ngapambi kwelati li ka Jehova uNkulunkulu wako. **5** U ya kupendula, u ti, pambi ku ka Jehova uNkulunkulu wako, Ubaba wa e ngumSiriya, e se za kububa; w'ehlela Egipite, wa ti gozololo kona e abantu aba ingcozana; wa ba isizwe esikulu, nesi namandhla nesiningi. **6** AbasEgipite ba si pata kabi, ba si hlupa, ba s'etwesa ubugqili obulukuni: **7** sa se si kala ku Jehova uNkulunkulu wa obaba, uJehova wa li zwa izwi letu, wa ku bona ukuhlupeka kwetu, nokukandhleka kwetu, nokubandezelwa kwetu; **8** uJehova wa si kipa Egipite ngesandhla esi namandhla, na ngengalo eyeluliweyo, na ngokwesabeka okukulu, na ngezibonakaliso, na ngezimangaliso; **9** u si ngenisile ku le ndawo, wa si nika leli zwe, izwe eli vame ubisi nezinyosi. **10** Bheka, manje, ngi letile izandulela zezitelo zomhlabati, o ngi nike zona Jehova. U ya kuzibeka pansi pambi ku ka Jehova uNkulunkulu wako, u kuleke pambi ku ka Jehova uNkulunkulu wako: **11** u ya kutokoza ngako konke okuhle a ku nike kona uJehova uNkulunkulu wako, kanye nendhlu yako, wena, nomLevi; nowezizwe o pakati kwako.

12 Lapo u su gcinile ukunikela okweshumi konke kwokutela kwezwe lako ngomnyaka wesitatu o ngumnyaka wokutela okweshumi, u ya kukunika umLevi, nowezizwe, nenkedama, nomfelokazi, ukuba ba dhle ngapakati kwamasango ako, b'esute. **13** U ya kuti pambi ku ka Jehova uNkulunkulu wako, Ngi ku susile okungcwele endhlini yami ngi ku nikile umLevi, nowezizwe, nenkedama, nomfelokazi, njengomyalo wonke wako o ngi yale ngawo: a ngi w'eqanga na munye wemiyalo yako, a ngi yi kohlwanga futi: **14** a ngi ku dhlanga ekulileni kwami, a ngi susanga luto kuko ngi ngcolile; a ngi ku nikelanga ngofileyo: ngi lalele izwi li ka Jehova uNkulunkulu wami; ng'enzile konke o ngi yale ngako. **15** Bheka u sekaya lako elingcwele ezulwini, u busise abantu bako uIsraeli, nomhlabati o si nike wona njengokufunga kwako kobaba, izwe eli vame ubisi nezinyosi.

16 Namhla uJehova uNkulunkulu wako u ku yala ukuba u z'enze lezi zimiso na lawa masiko: u ya kuzigcinake u z'enze ngayo yonke inhliziyo yako, na ngawo wonke umpefumulo wako. **17** U shilo namhla ukuba uJehova u nguNkulunkulu wako, u zo hamba ezindhleleni zake, u gcine izimiso zake, nemiyalo yake namasiko ake, u li lalele izwi lake: **18** uJehova u shilo namhla ukuti u za kuba isizwe sake esi imfuyo kuye, njengokukwetembisa kwake, nokuti u za kuyigcina yonke imiyalo yake; **19** ukuba a ku pakamise ngapezu kwezizwe zonke azenzileyo, ku be indumiso, negama, nodumo; nokuba u be isizwe esingcwele ku Jehova uNkulunkulu wako, njengokuba e kulumile.

27 UMoses, namalunga a kwa Israeli ba yala abantu ba ti, Gcinani wonke umyalo engi ni yala ngawo namhla. **2** Ko ti ngosuku lokuwela kwenu iJordan, ni ya ezweni a ku nika lona uJehova uNkulunkulu wako, u zimisele amatshe amakulu, u wa nameke ngodaka: **3** u lobe ku wona onke amazwi a lo mteto, lapo u s'u welile; ukuze u ngene ezweni a ku

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku zo menyezelwa izibusiso eGerizim neziqalekiso eEbali.

nika lona uJehova uNkulunkulu wako, izwe eli vame ubisi nezinyosi, njengokukwetembisa kwake uJehova uNkulunkulu wa oyihlo. **4** Ko ti se ni li welile iJordan, ni mise lawa matshe, engi ni yala ngawo namhla, entabeni iEbali, ni wa nameke ngodaka. **5** U ya kumakela kona ilati uJehova uNkulunkulu wako, ilati lamatshe: u nga wa pakamiseli insimbi. **6** U ya kulaka ilati li ka Jehova uNkulunkulu wako ngamatshe e pela; u nikele iminikelo eshiswayo pezu kwalo ku Jehova uNkulunkulu wako: **7** u ya kuhlaba iminikelo yokutula u dhle kona; u tokoze pambi ku ka Jehova uNkulunkulu wako. **8** U lobe ku lawa matshe onke amagama a lo mteto, u wa qopisise.

9 UMoses nabapristi abaLevi ba kuluma ku Israeli wonke ba ti, Tula, u lalele Israeli: Namhla se u isizwe si ka Jehova uNkulunkulu wako. **10** U ya kulilalelake izwi li ka Jehova uNkulunkulu wako, u y'enze imiyalo yake, nezimiso zake, engi ku yala ngazo namhla.

11 UMoses wa yala abantu nga lolo suku, e ti, **12** Laba ba ya kuma pezu kwentaba iGerizim ba busise abantu, lapo se ni welile iJordan: uSimeon, noLevi, noJuda, noIsakare, noJosefa, noBenjamin. **13** Laba ba ya kuma pezu kwentaba iEbali ba be abokuqalekisa: uRuben, noGadi, noAsheri, noZebulun, noDan, noNafetali. **14** AbaLevi ba ya kupendula ngezwi elikulu kuwo onke amadoda a kwa Israeli, ba ti,

15 U qalekisiwe umuntu o wenza isitombe esibaziweyo, nesibunjiweyo, icilo ku Jehova, umsebenzi wezandhla zombazi, a si mise ngasese. Abantu bonke ba ya kupendula ba ti, Amen.

16 U qalekisiwe o m shaya imbuqa uyise noma unina. Abantu bonke ba ya kuti, Amen.

17 U qalekisiwe o susa isikonkwane somakelwane wake. Abantu bonke ba ya kuti, Amen.

18 U qalekisiwe o pundula impumpute endhleleni. Abantu bonke ba ya kuti, Amen.

19 U qalekisiwe o pambukisa isinqumo esi imfanelo yowezizwe, nenkedama, nomfelokazi. Abantu bonke ba ya kuti, Amen.

20 U qalekisiwe o lala nomka yise; ngokuba u wambulile umpeto wengubo ka yise. Abantu bonke ba ya kuti, Amen.

21 U qalekisiwe o lala nesilwane noma yisipi. Abantu bonke ba ya kuti, Amen.

22 U qalekisiwe o lala nodade wabo, indodakazi ka yise noma indodakazi ka nina. Abantu bonke ba ya kuti, Amen.

23 U qalekisiwe o lala nomkwekazi wake. Abantu bonke ba ya kuti, Amen.

24 U qalekisiwe o bulala umakelwane wake ngasese. Abantu bonke ba ya kuti, Amen.

25 U qalekisiwe o dhla umvuzo ukubulala umuntu o msulwa. Abantu bonke ba ya kuti, Amen.

26 U qalekisiwe o nga wa qinisi amazwi a lo mteto ukuba a w'enze. Abantu bonke ba ya kuti, Amen.

28 Ko ti, uma u lalela nokulalela izwi li ka Jehova uNkulunkulu wako, u qapele ukuyenza yonke imiyalo yake engi ku yala ngayo namhla, uJehova uNkulunkulu wako a ku pakamise ngapezu kwezizwe zonke zomhlaba: **2** zonke lezi zibusiso zi ya kukwehlela, zi ku fice, uma u lalela izwi li ka Jehova uNkulunkulu wako. **3** U ya kubusiswa emzini, u busiswe na sensimini. **4** I ya kubusiswa inzalo yesisu sako, nesitelo somhlabati wako nenzalo yezilwane zako, nomqeku wezinkomo zako, namazinyane ezimvu zako. **5** Li ya kubusiswa iqoma lako, nomkombe wako wokuxova izinkwa. **6** U ya kubusiswa ekungeneni kwako, u busiswe na sekupumeni kwako.

7 UJehova u ya kwenza ukuba izita zako ezikuvukelayo zi bulawe ngapambi kwako: zi ya kukuhlasela ngandhlelanye, zi ku balekele ngezindhlela ezi isikombisa. **8** UJehova

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izibusiso neziqalekiso.

u ya kuyala isibusiso si be pezu kwako ezingotsheni zako, na kuko konke o yisa isandhla sako kuko; u ya kukubusisa ezweni a ku nika lona uJehova uNkulunkulu wako. **9** UJehova u ya kukumisa u be isizwe esingcwele kuye, njengokufunga kwake kuwe; uma u gcina imiyalo ka Jehova uNkulunkulu wako, u hambe ngezindhlela zake. **10** Abantu bonke bomhlaba ba ya kubona ukuba u bizwa ngegama lika Jehova; ba kwesabe. **11** UJehova u ya kukucumisa ku be kuhle, ngenzalo yesisu sako, nenzalo yezinkomo zako, na ngokutela kwomhlabati wako, ezweni a li fungela uJehova koyihlo ukukunika lona. **12** UJehova u ya kukuvulela indhlu yake yengcebo enhle, izulu, a lete imvula yezwe lako ngesikati sayo, a busise wonke umsebenzi wesandhla sako: izizwe eziningi zi ya kutsheleka kuwe, u nga tsheleki wena. **13** UJehova u ya kukwenza u be inhloko, u nga bi umsila; u be pezulu kupela, u nga bi pansi; uma u lalela imiyalo ka Jehova uNkulunkulu wako, engi ku yala ngayo namhla, u qapele ukuyenza, **14** u nga pambuki na kweli lodwa lamazwi engi ku yala ngawo namhla ukuya ngakwesokunene, na ngakwesokohlo, ukulandela abanye onkulunkulu u ba konze.

15 Ko ti, uma u nga laleli izwi li ka Jehova uNkulunkulu wako, ukuba u qapele ukuyenza yonke imiyalo yake, nezimiso zake engi ku yala ngazo namhla, zonke lezi ziqalekiso zi kwehlele, zi ku fice. **16** U ya kuqalekiswa emzini, u qalekiswe na sensimini. **17** Li ya kuqalekiswa iqoma lako, nomkombe wako wokuxova izinkwa. **18** I ya kuqalekiswa inzalo yesisu sako, nokutela kwomhlabati wako, nomqeku wezinkomo zako, namazinyane ezimvu zako. **19** U ya kuqalekiswa ekungeneni kwako, u qalekiswe na sekupumeni kwako.

20 UJehova wo tumela pezu kwako isiqalekiso nokudungeka, nokusolwa kuko konke o yisa isandhla sako kuko ukukwenza u ze u shabalaliswe, u bube masinyane; ngenxa yobubi bezenzo zako o ngi shiye ngazo. **21** UJehova u ya kunamatelisa kuwe ubadane lokufa, a ze a ku qede ezweni o ngena kulo ukuba u lake. **22** UJehova u ya kukushaya ngesifuba, na ngomkuhlane, na ngokuvuta kwomzimba, na ngokushisa okukulu, na ngenkemba, na ngokuhamuka, na ngokukuta; ku ya kukulandela u ze u bube. **23** Izulu lako eli ngapezu kwekanda lako li ya kuba itusi, umhlabati o ngapansi kwako, u be insimbi. **24** UJehova u ya kwenza imvula yezwe lako i be amagciwane, notuli; ku ya kwehlela pezu kwako ku vela ezulwini, u ze u shabalaliswe.

25 UJehova u ya kwenza ukuba u bulawe ngapambi kwezita zako; u ya kubahlasela ngendhlelanye, u ba balekele ngezindhlela ezi isikombisa: u ya kuhlukunyezwa emibusweni yonke yomhlaba. **26** Isidumbu sako si ya kuba ukudhla kuzo zonke izinyoni zezulu, na kuzo izilwane zomhlaba; a ku yi kubako owokuzihebeza. **27** UJehova u ya kukushaya ngamatumba a sEgipite, na ngeziva, na ngokwekwe, na ngotwayi, o nge na kupiliswa kuko. **28** UJehova u ya kukushaya ngokuhlanya, na ngobumpumpute, na ngokumangala kwenhliziyo: **29** u pumpute emini, njengokupumputa kwempumpute ebumnyameni, a u yi kuhlanhlazeleka ngezindhlela zako: kupela u ya kupatwa ngokahlo, u qwagwe izinsuku zonke, a nga biko osindisayo. **30** U ya kuganwa umfazi a lalwe enye indoda: u ya kwaka indhlu u nga hlali kuyo: u ya kutshala isivini u nga dhli izitelo zaso. **31** Inkomo yako i ya kubulawa pambi kwamehlo ako, u nga yi dhli: imbongolo yako i ya kuqwagwa ebusweni bako, i nga buyiselwa kuwe: izimvu zako zi ya kunikwa izita zako, a nga biko okusindisayo. **32** Amadodana namadodakazi ako a ya kunikwa abanye abantu; amehlo ako a bheke, a pelele kubo lonke usuku: ku nga biko luto emandhleni esandhla sako. **33** Izitelo zomhlabati wako, nesitukutuku sonke sako si ya kudhli-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

wa isizwe ongasaziyo; u ya kukahlwa kupela u patwe ngoshaba izinsuku zonke: **34** u ze u hlanye ngokubona loko oku za kubonwa amehlo ako. **35** UJehova u ya kukushaya emadolweni na semilenzeni ngetumba elibi o nge na kupiliswa kulo, ku suka onyaweni lwako pansi ku ze ku fike okakayini lwako.

36 UJehova u ya kukuyisa kanye nenkosi yako, o ya kuyibeka pezu kwako, esizweni ongasaziyo, wena na oyihlo; u ya kukonza lapo abanye onkulunkulu, imiti, namatshe. **37** U ya kuba inkambabeyibuza, nesiga, nombinqo, ezizweni zonke lapa uJehova e ya kukuqubela kona. **38** U ya kupuma nembeu eningi u ye ensimini, u bute ingcozana; ngokuba ku ya kusobozelwa isikonyana. **39** U ya kutshala izivini, u zi sebenze, u nga li puzi iwayini, u nga w'aki amavini; ngokuba a ya kudhliwa umswenya. **40** U ya kuba neminqumo ezweni lako lonke, u nga zigcobi ngamafuta; ngokuba iminqumo yako i ya kuvutuluka. **41** U ya kuzala amadodana namadodakazi, a nga bi awako; ngokuba a ya kutunjwa. **42** Yonke imiti yako, nezitelo zomhlabati wako, zi ya kudhliwa isikonyana. **43** Owezizwe o pakati kwako u yo zinga enyuka njalo pezu kwako; wena wo zinga wehla njalo. **44** U ya kutsheleka kuye wena, yena a nga tsheleki kuwe: u ya kuba inhloko yena, wena u be umsila. **45** Zonke lezi ziqalekiso zi ya kukwehlela zi ku landele, zi ku fice, u ze u shabalaliswe; ngokuba a u lalelanga izwi li ka Jehova uNkulunkulu wako ukuba u gcine imiyalo yake, nezimiso zake a ku yala ngazo: **46** zi ya kuba isibonakaliso, nesimangaliso, pezu kwako, na pezu kwenzalo yako ku ze ku be nini.

47 Ngokuba a u m konzanga uJehova uNkulunkulu wako ngokujabula, na ngokwenama kwenhliziyo, ngenxa yobuningi bezinto zonke; **48** ngakoke u ya kukonza izita zako a ya kuzitumela kuwe uJehova, u lambile, womile, u bunqunu, u swela konke: u ya kubeka ijokwe lensimbi entanyeni yako, a ze a ku shabalalise. **49** UJehova u ya kuleta kuwe isizwe esi vela kude, ekugcineni kwomhlaba, njengokujula kwokozi; isizwe o nga yi kuluzwa ulimi lwaso: **50** isizwe esi nobuso obulukuni, esi nga yi kunaka ubuso bomdala, nesi nga yi kuba na musa komusha; **51** si ya kudhla inzalo yezinkomo zako, nokudhla kwomhlabati wako, u ze u shabalaliswe; esi nga yi kukushiyela amabele, newayini elisha, namafuta, nomqeku wezinkomo zako, namazinyane ezimvu zako, si ze si ku bubise. **52** Si ya kukuvimbezela emasangweni onke ako, zi ze zi we izingange zako ezipakemeyo, eziqinisiweyo, owazetembayo, kulo lonke izwe lako; si ya kukuvimbezela emasangweni onke ako, kulo lonke izwe lako, a ku nike lona uJehova uNkulunkulu wako. **53** U ya kudhla inzalo yesisu sako, inyama yamadodana ako neyamadodakazi ako, a ku nika wona uJehova uNkulunkulu wako, ekuvinjezelweni na sekuxinweni, o ya kuxinwa ngako izita zako. **54** Umuntu wa kini otambileyo o intekenteke kakulu, iso lake li ya kuba libi ku mfo wabo, na ku mkake o sesifubeni sake, na kuyo insali yabantwana bake abaseleyo; **55** a ze a nga ba niki inyama yabantwana bake abadhlayo ngokuba a ka salelwanga luto ekuvinjezelweni, na sekuxinweni o ya kuxinwa ngako isita sako emasangweni onke ako. **56** Owesifazana wa kini otambileyo o intekane, o nge linge ukubeka unyawo lwake emhlabatini ngenxa yobuntekane na ngokutamba, iso lake li ya kuba libi endodeni e sesifubeni sake, na sendodaneni yake, na sendodakazini yake, **57** na ku mzanyana wake o puma emkatini wezinyawo zake, na ku bantwana bake a ya kubazala; ngokuba u ya kubadhla ngasese ekusweleni kwake izinto zonke ekuvinjezelweni na sekuxinweni o ya kuxinwa ngako isita sako emasangweni ako.

58 Uma u nga qapeli ukwenza onke amazwi a lo mteto, alotshiweyo

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ku le ncwadi, ukulesaba leli gama elidumileyo nelesabekayo, UJEHOVA UNKULUNKULU WAKO; **59** uJehova u ya kwenza izinhlupeko zako zi mangalise, nezinhlupeko zenzalo yako, izinhlupeko ezinkulu, nezi hlala isikati eside, nezifo ezibi, ezi hlala isikati eside. **60** U ya kubuyisela pezu kwako izifo zonke za sEgipite, owa u z'esaba; zi ya kunamatela kuwe. **61** Nokugula konke, nezinhlupeko zonke, ezi nga lotshiwe encwadini ya lo mteto, uJehova u ya kuzikwelisa pezu kwako, u ze u shabalaliswe. **62** Ni ya kusala ni be ingcozana, inganti na ni njengezinkanyezi zezulu ngobuningi; ngokuba a u lalelanga izwi li ka Jehova uNkulunkulu wako. **63** Ko ti, njengaloko uJehova wa e jabula ngani ukunenzela okuhle, nokunandisa, ngokunjalo uJehova u ya kujabula ngani ukunibubisa, nokunishabalalisa; ni ya kusishulwa kulo izwe eni ngena kulo ukuba ni lake. **64** UJehova u ya kunihlakaza ezizweni zonke ku suka ekugcineni kwomhlaba ku ze ku fike ekugcineni kwomhlaba; ni ya kukonza kona abanye onkulunkulu ongabaziyo, wena na oyihlo, imiti, namatshe. **65** Ku lezi zizwe a u yi kuhlaba ikefu, a lu yi kuba na kupumula unyawo lwako: kodwa uJehova u ya kukunika kona inhliziyo egedezelayo, nokupela kwamehlo, nokushwapa kwenhliziyo; **66** ukupila kwako ku jikajike ngomucu pambi kwako; u ya kuba novalo imini nobusuku, u nga bi na kwetemba ukupila kwako. **67** Kusasa u ya kuti, Kwa nga ku nga hlwa! na kusihlwa u ti, Kwa nga ku nga sa! ngovalo lwenhliziyo yako o ya kuba nalo, na ngokubona loko oku za kubonwa amehlo ako. **68** UJehova u ya kukubuyisela Egipite ngemikumbi, ngendhlela enga ti ngayo kuwe, A u sa yi kuyibona futi: lapoke ni ya kuzitengisa eziteni zenu ni be izigqili nezigqilikazi, ni nga tengwa muntu.

29 Yilawa amazwi esivumelwano, uJehova a m yala uMoses ngaso ukuba a senze naba kwa Israeli ezweni la kwa Moabe, ngapandhle kwesivumelwano asenzayo nabo eHorebe.

2 UMoses wa biza aba kwa Israeli bonke, wa ti kubo, Ni ku bonile konke uJehova akwenzayo ngapambi kwamehlo enu ezweni la sEgipite ku Faro, na kuzo zonke izinceku zake, na kulo lonke izwe lake; **3** izilingo ezinkulu eza bonwa amehlo ako, izibonakaliso, na lezo zimangaliso ezinkulu: **4** noko uJehova a ka ni nikanga inhliziyo yokwazi, namehlo okubona, nezindhlebe zokuzwa, ku ze ku be namhla. **5** Ngi ni holile iminyaka e ngamashumi amane ehlane: izingubo zenu a zi guganga kini, nesicatulo sako a si guganga onyaweni lwako. **6** A ni dhlanga isinkwa, a ni puzanga iwayini nopuzo olu namandhla; ukuze n'azi ukuba ngi nguJehova uNkulunkulu wenu. **7** Ekufikeni kwenu ku le ndawo, uSihon inkosi ya seHeshbon, noOgi inkosi ya seBashan, ba puma ukusihlasela, sa ba cita: **8** sa tata izwe labo, sa li nika la ba ifa ku maRuben naGadi, nenxenye yesizwe samaManase. **9** Ngakoke gcinani amazwi a lesi sivumelwano, ni w'enze, ukuba ni pumelele kuko konke enikwenzayo.

10 Namhla ni mi nonke ngapambi ku ka Jehova uNkulunkulu wenu; izinhloko zenu, nezizwe zenu, namalunga enu, nezinduna zenu, abantu bonke ba kwa Israeli, **11** izingane zenu, nomkenu, nowezizwe o pakati kwamakamu ako, ku suka ku mtezi wezinkuni zako, ku ze ku be ku muki wamanzi ako; **12** ukuba u ngene esivumelwaneni si ka Jehova uNkulunkulu wako, na sesifungweni sake asenzayo nawe uJehova uNkulunkulu wako namhla; **13** ukuba a ku mise namhla u be isizwe sake, nokuba a be uNkulunkulu wako, njengokusho kwake kuwe, na njengokufunga kwake koyihlo, ku Abraham, ku Isaka, na ku Jakobe.

14 Lesi sivumelwano, na lesi sifungo a ngi s'enzi nani nodwa, **15** ngi s'enza na naye omiyo nati lapa namhla pambi ku ka Jehova uNkulu-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Isivumelwano eMoabe.

nkulu wetu, naye o ngeko lapa nati namhla **16** (ngokuba ni ya kwazi ukuhlala kwetu ezweni la sEgipite, nokudabula kwetu pakati kwezizwe ena dabula kuzo; **17** ni bonile amanyala azo, nezitombe zazo, imiti, namatshe, isiliva, negolide, eza zi ku zona); **18** funa ku be kona kinina indoda, noma owesifazana, noma umndeni, noma isizwe, esi nhliziyo yaso i pambuka namhla ku Jehova uNkulunkulu wetu, ukuyo konza onkulunkulu ba lezo zizwe; funa ku be kona kinina impande e tela inhlungunyembe, nomhlonyane; **19** ku ti lapo ezwayo amazwi a loku kuqalekisa a zibusise enhliziyweni yake, a ti, Ngi ya kuba nokutula, noma ngi hamba ngenkani yenhliziyo yami, ukuqeda oswakemeyo nowomileyo: **20** uJehova a ka yi kuvuma ukumtetelela: ko ti ulaka lu ka Jehova, nesikwele sake, ku m tunqele lowo muntu; ukuqalekisa konke okulotshiweyo ku le ncwadi ku ya kuti butalala pezu kwake, uJehova u ya kulihlikihla li pele igama lake ngapansi kwezulu. **21** UJehova u ya kumahlukanisela ububi kuzo zonke izizwe za kwa Israeli, njengazo zonke iziqalekiso zesivumelwano ezilotshiweyo ku le ncwadi yomteto.

22 Isizukulwane esizayo, abantwana benu aba ya kuvela emva kwenu, nowezizwe o ya kuvela ezweni eli kude, ba ya kuti lapo be bona izinhlupeko za lelo zwe, nokugula uJehova a li gulise ngako; **23** nokuti izwe lonke la kona li isibabuli, nosaoti, li vuta, a li linywa, a li teli luto, utshani a bu mili kona, njengokucitwa kweSodom, neGomora, neAdma, neZeboyim eya citwa uJehova ngolaka lwake, na ngokutukutela kwake: **24** zi ya kuti izizwe zonke, U kwenzeleni loku uJehova ku leli zwe na? ku ukutini ukuvuta kwa lolu laka olukulu na? **25** Be se kutiwake, Ngokuba ba si shiyile isivumelwano si ka Jehova uNkulunkulu wa oyise, a s'enza nabo ekubakipeni kwake ezweni la sEgipite, **26** ba ya, ba konza abanye onkulunkulu, ba ku-

Izitembiso zi ka Jehova.

leka kubo, onkulunkulu aba be nga b'azi, a nga ba nikanga bona: **27** ku ngako ulaka lu ka Jehova lwa vuta nga ku leli zwe ukuba ehlisele pezu kwalo sonke isiqalekiso esilotshiweyo ku le ncwadi; **28** uJehova wa ba sipula ezweni labo ngolaka na ngokufuteka, na ngokutukutela okukulu, wa ba ponsa kwelinye izwe, njenga namhla. **29** Izimfihlakalo zi ezi ka Jehova uNkulunkulu wetu; kodwa izinto ezambuliweyo zi ezetu nezabantwana betu ku ze ku be nini, ukuba s'enze onke amazwi a lo mteto.

30 Ko ti ke, lapo se ni fikelwe ilezi zinto zonke, isibusiso, nesiqalekiso engizibekileyo ngapambi kwako, u zi kumbula enhliziyweni yako ezizweni zonke lapo u xoshelwe kona uJehova uNkulunkulu wako, **2** u buyele ku Jehova uNkulunkulu wako, u lalele izwi lake njengako konke engi ku yala ngako namhla, wena, nabantwana bako, ngayo yonke inhliziyo yako, na ngawo wonke umpefumulo wako; **3** ko ti ke uJehova uNkulunkulu wako a ku buyise ekutunjweni, a be nesihe kuwe, a buye a ku qoqe ezizweni zonke, lapo u hlakazelwe kona uJehova uNkulunkulu wako. **4** Uma e kona oxoshiweyo wako ekugcineni kwezulu, uJehova uNkulunkulu wako u ya kukuqoqa na lapo, u ya kukulanda na lapo: **5** uJehova uNkulunkulu wako u ya kukungenisa ezweni el'akiwa oyihlo, u l'ake; a kwenzele okuhle, a kwandise ngapezu kwa oyihlo. **6** UJehova uNkulunkulu wako u ya kusoka inhliziyo yako, nenhliziyo yenzalo yako ukuba u tande uJehova uNkulunkulu wako ngenhliziyo yonke yako, na ngompefumulo wonke wako, ukuba u pile. **7** UJehova uNkulunkulu wako u ya kubeka zonke lezi ziqalekiso pezu kwezita zako, na kwabakuzondayo, aba be ku zingela. **8** U ya kubuya, u lalele izwi li ka Jehova, u y'enze yonke imiyalo yake engi ku yala ngayo namhla. **9** UJehova uNkulunkulu wako u ya kukucumisa ku be kuhle emisebenzini yonke yesandhla

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UMoses u ba laya ngokwokugcina. U nikeza abapristi umteto.

sako, na senzalweni yesisu sako, na senzalweni yezinkomo zako, na sekuteleni kwomhlabati wako: ngokuba uJehova u ya kubuya a jabule ngawe ku be kuhle, njengokuba wa jabula nga oyihlo; **10** uma u li lalela izwi li ka Jehova uNkulunkulu wako, u gcine imiyalo yake nezimiso zake ezilotshiweyo ku le ncwadi yomteto; uma u buyela ku Jehova uNkulunkulu wako ngenhliziyo yonke yako, na ngompefumulo wonke wako.

11 Ngokuba lo myalo engi ku yala ngawo namhla, a u kwahluli, a u kude nawe. **12** A uko ezulwini, ukuba u ti, Ubani o ya kusenyukela ukuya ezulwini, a si letele wona, ukuba si wu zwe si w'enze? **13** A uko na ngapesheya kwolwandhle, ukuba u ti, Ubani o ya kusiwelela ulwandhle, a si letele wona, ukuba si wu zwe si w'enze? **14** Izwi li seduze kakulu nawe, li semlonyeni wako, na senhliziyweni yako, ukuba u l'enze.

15 Bheka, ngi bekile ngapambi kwako namhla ukupila nokulunga, ukufa nobubi; **16** ngokuba ngi ku yala namhla ukuba u m tande uJehova uNkulunkulu wako, u hambe ngezindhlela zake u gcine imiyalo yake, nezimiso zake namasiko ake, ukuze u pile wande, ukuba uJehova uNkulunkulu wako a ku busise ezweni o ya kulo ukuba u lake. **17** Kodwa uma inhliziyo yako i penduka, u nga laleli, kepa weduswe, u kuleke kwabanye onkulunkulu u ba konze; **18** ngi ya ni tshelisisa namhla, ni ya kububa nokububa; a ni yi kwandisa izinsuku zenu ezweni, o wela iJordan ukuba u ngene kulo u lake. **19** Ngi ya fakazisa izulu nomhlaba namhla ngawe, ukuba ngi bekile ngapambi kwako ukupila nokufa, isibusiso nesiqalekiso: ngakoke keta ukupila, ukuba u pile, wena, nenzalo yako; **20** ukuba u m tande uJehova uNkulunkulu wako, nokuba u lalele izwi lake, u namatele kuye; ngokuba yena u ngukupila kwako, nobude bezinsuku zako; ukuze wake ezweni a li fungela uJehova koyihlo, ku Abraham, ku Isaka, na ku Jakobe, ukubanika lona.

31 UMoses wa ya wa kuluma lawa mazwi ku Israeli wonke. **2** Wa ti kubo, Namhla ngi neminyaka e ikulu namashumi amabili; a ngi se nako ukuba ngi pume, ngi ngene: uJehova u te kimi, A u z'ukuliwela leli Jordan. **3** UJehova uNkulunkulu wako, uyena o ya kuwela ngapambi kwako; u ya kuzishabalalisa lezi zizwe ngapambi kwako, u zi xoshe; uJoshua uyena o ya kuwela ngapambi kwako, njengokusho ku ka Jehova. **4** UJehova u ya kwenza kubo njengakwenzayo ku Sihon, na ku Ogi, amakosi amaAmori na kulo izwe labo, abashabalalisayo. **5** UJehova u ya kubakapela kini, n'enze kubo njengawo wonke umyalo engi ni yale ngawo. **6** Qinani, ni me isibindi, ni ng'esabi, ni nga bi nal'uvalo ngabo: ngokuba uJehova uNkulunkulu wako, uyena o hamba nawe; a ka yi kukuyeka, a ku shiye. **7** UMoses wa biza uJoshua, wa ti kuye emehlweni ka Israeli wonke, Qina, u me isibindi; ngokuba u ya kungena na laba bantu ezweni uJehova a li fungela koyise ukubanika lona; wena u ya kwenza ukuba ba li dhle ubufa. **8** UJehova, uyena o hamba ngapambi kwako; u ya kuba nawe, a ka yi kukuyeka, a ka yi kukushiya; u ng'esabi, u nga papateki,

9 UMoses wa loba lo mteto, wa wu nika abapristi amadodana ka Levi, aba twala umpongolo wesivumelwano si ka Jehova, namalunga onke a kwa Israeli. **10** UMoses wa ba yala, wa ti, Ekupeleni kweminyaka e isikombisa njalo, ngesikati esimisiweyo somnyaka woyekelo, ngomkosi wamadokodo, **11** lapo uIsraeli wonke e fikile ukubonakala pambi ku ka Jehova uNkulunkulu wako, endaweni a ya kuyiketa, wo funda lo mteto pambi ku ka Israeli wonke, ezindhlebeni zake. **12** Buta abantu, amadoda, nabesifazana, nezingane, nowezizwe o pakati kwamasango ako, ukuba b'ezwe, ba funde, ba m esabe uJehova uNkulunkulu wako, ba qapele ukwenza onke amazwi a lo mteto; **13** nokuba abantwana babo,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

abangaziyo, b'ezwe, ba funde ukumesaba uJehova uNkulunkulu wenu, ngesikati sonke sokuhlala kwenu ezweni eni wela iJordan ukuba ni lake.

14 UJehova wa ti ku Moses, Bheka, se zi sondela izinsuku zokufa kwako: biza uJoshua, ni me etenteni lokuhlangana, ukuba ngi m yale. UMoses noJoshua ba se be ya, b'ema etenteni lokuhlangana. **15** UJehova wa bonakala etenteni ensikeni yefu: insika yefu y'ema ngapezu kwomnyango weTente. **16** UJehova wa ti ku Moses, Bheka, u ya kulala na oyihlo; laba bantu ba ya kusuka ba yo feba na onkulunkulu babezizwe ngokubalandela ezweni aba ngena kulo ukuba ba hlale pakati kwabo, ba ngi shiye ba shafise isivumelwano sami engisenzileyo nabo. **17** Ko ti ke ulaka lwami lu ba vutele nga lolo suku, ngi ba shiye, ngi siteze kubo ubuso bami, ba dhliwe, b'ehlelwe ububi nezinsizi eziningi; ba ze ba ti nga lolo suku, Imbala a s'ehlelwa ilobu bubi ngokuba uNkulunkulu wetu e ngeko pakati kwetu na? **18** Ngi ya kubusita nokubusita ubuso bami nga lolo suku, ngenxa yobubi bonke aba ya kuba be b'enzile, ngokuba be pendukela kwabanye onkulunkulu. **19** Manjeke zilobeleni le ngoma, u yi fundise aba kwa Israeli: ni yi beke emilonyeni yabo, ukuba le ngoma i be ufakazi wami nga kwaba kwa Israeli. **20** Ngokuba lapo se ngi ba ngenisile ezweni enga li fungela koyise, eli vame ubisi nezinyosi, ba dhle ba sute, ba kulupale; ba ya kupendukela kwabanye onkulunkulu, ba ba konze, ba ngi delele, ba shafise isivumelwano sami. **21** Ko ti, lapo ububi, nezinsizi eziningi se zi b'ehlele, le ngoma i pendule pambi kwabo njengofakazi; ngokuba a i yi kukohlakala emilonyeni yenzalo yabo: ngokuba ngi ya yazi imicabango abayenzayo namhlanje, ngi nga ka ba ngenisi ezweni engalifungelayo. **22** UMoses wa yi loba le ngoma ngalo lolo suku, wa ba fundisa yona aba kwa Israeli. **23** Wa m yala uJoshua ka Nun, wa ti, Qina, u me isibindi; ngokuba u ya kubangenisa aba kwa Israeli ezweni engi li fungele kubo: ngi ya kuba nawe.

24 Kwa ti lapo uMoses e se qedile ukuloba amazwi a lo mteto encwadini, a ze a pela, **25** uMoses wa yala abaLevi aba be twala umpongolo wesivumelwano si ka Jehova, wa ti, **26** Tatani le ncwadi yomteto, ni yi beke eceleni kwompongolo wesivumelwano si ka Jehova uNkulunkulu wenu, i ze i be kona i be ufakazi ngawe. **27** Ngokuba ngi ya kwazi ukuhlubuka kwako, nentamo yako elukuni: bheka, noma ngi se kona nani namhla, ni ya hlubuhlubuka ku Jehova, ku ya kuba kukulu kangakanani emva kwokufa kwami na? **28** Ngi butele onke amalunga ezizwe zenu, nezinduna zenu, ukuba ngi kulume lawa mazwi ezindhlebeni zabo, ngi fakazise izulu nomhlaba ngabo. **29** Ngokuba ngi y'azi ukuti emva kwokufa kwami ni ya kuzonakalisa nokuzonakalisa, ni pambuke endhleleni engi ni yale ngayo; n'ehlelwe ububi ngezinsuku zokugcina; ngokuba ni ya kwenza okubi emehlweni ka Jehova ni m cunule ngemisebenzi yezandhla zenu.

30 UMoses wa kuluma ezindhlebeni zombutano wonke wa kwa Israeli amazwi a le ngoma a ze a pela.

32 Bekani indhlebe, nina mazulu, ngi za kukuluma;
Ma u zwe nomhlaba amazwi omlomo wami.
2 Imfundiso yami i ya kuconsa njengemvula:
Inkulumo yami i lalise okwombete,
Njengomkemezelo ohlazeni,
Na njengezihlambi emishaneni.
3 Ngokuba ngi ya kumemezela igama li ka Jehova:
M nikeni ubukulu uNkulunkulu wetu.
4 U liTshe, umsebenzi wake u pelele;
Ngokuba zonke izindhlela zake zi ezokwahlulela ngokulungileyo:

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ingoma ka Moses.

UNkulunkulu otembekileyo o nge na cala,
U qoto u lungile yena.
5 Ba zonakalisile kuye; a ba sibo abantwana bake; ku isici sabo;
Ba isizukulwane esixabileyo nesi isigwegwe.
6 Ni m vuza uJehova kanje,
Nina bantu aba iziula naba nga hlakanipile na?
Ka siye uyihlo okutengileyo na?
Wa kwenza, wa ku bumba.
7 Kumbula izinsuku za sendulo,
Qonda iminyaka yezizukulwane ngezizukulwane:
Buza ku yihlo, u ya kukutshengisa;
Namalunga ako, a ya kukutshela.
8 Lapo Opezukonke e z'abela izizwe ifa lazo,
Lapo ahlukanisa abantwana babantu,
Wa misa imikaulo yezizwe
Ngokwomumo waba kwa Israeli.
9 Ngokuba isabelo si ka Jehova si ngabantu bake;
UJakobe u isiqepu esi lifa lake.
10 Wa m fumana ezweni eli ihlane,
Na soqwateni kwa hlongasibi;
Wa m pahla, wa m nakekela,
Wa m linda njengenhlamvu yeso lake.
11 Njengokozi olu nyakazisa isidhleke salo,
Lu bhubhuza pezu kwamapupu alo,
W'elula amapiko ake, wa ba tata,
Wa ba twala ngamapiko ake.
12 UJehova yedwa wa m hola,
A kwa bako nkulunkulu wabezizwe kuye.
13 Wa m kwelisa ezindaweni ezipakemeyo zomhlaba,
Wa dhla izitelo zamasimu;
Wa m muncisa izinyosi eweni,
Namafuta etsheni eli insengetshe;
14 Amasi ezinkomo, nobisi lwezimvu,
Namanoni amacwane,
Nezinqama zohlobo lwa seBashan, nezimbuzi
Kanye namanoni ezibindi ka kolweni;
Igazi lamavini wa li puza la iwayini.
15 Kodwa uJeshurun wa kulupala wa kaba;
U su kulupele, u su zimukile, u cacambile;
Wa e se lahla uJehova owamenzayo,
Wa tunisa iTshe elimsindisayo.
16 Ba m kwelezisa nga onkulunkulu babezizwe,
Ba m cunula na ngamacilo.
17 Ba hlabela amademone, a nge siye uNkulunkulu,
Onkulunkulu abe be nga b'azi,
Abasha, aba sand'ukuvela,
Aba be ng'esatshwa oyihlo.
18 A u sa naki iTshe elakuzalayo,
U kohliwe uNkulunkulu owa ba nenimba ngawe;
19 UJehova wa ku bona loku, wa nengwa
Ngenxa yokucunula kwamadodana ake, namadodakazi ake.
20 Wa ti, Ngi ya kusiteza kubo ubuso bami;
Ngi ya kubona ukugcina kwabo ukuti ko ba yini:
Ngokuba ba isizukulwane esi nobupoxo,
Ba abantwana aba ng'etembeki.
21 Ba ngi kwelezisa ngoku nge siye uNkulunkulu;
Ba ngi cunula ngoku ize kwabo:
Ngi ya kubakwelezisa ngaba nge sibo abantu;
Ngi ya kubacunula ngesizwe esi nobuwula.
22 Ngokuba u basiwe umlilo olakeni lwami,
U ya sha ku ze ku be seSheoli eli ngapansi,
U dhla umhlaba nokutela kwawo,
Wokele izisekelo zezintaba.
23 Ngi ya kufumbela ububi pezu kwabo;
Ngi pelelisele imicibisholo yami pezu kwabo:
24 Ba ya kwonda indhlala, ba dhliwe amalangabi,
Nesifo esibulalayo esibabayo

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ingoma ka Moses.

Ngi ya kutuma namazinyo ezilwane kubo,
Nesihlungu sezinambuzane zotuli.
25 Inkemba i ya kwamuka ngapandhle,
Nevuso emakamelweni,
I bulale insizwa kanye nentombi,
Oncelayo kanye nengwevu.
26 Nga ti, ngi ya kubapepula,
Ng'enze ukukunjulwa kwabo ku pele ebantwini;
27 Uma be ku nga yi ngoba ngesaba ukucunuka kwesita,
Funa abayimpi kubo ba pike,
Funa ba ti, Isandhla setu si pakeme,
A siye uJehova o kwenze konke loku.
28 Ngokuba ba isizwe esi pelelwa amasu,
A kuko ukuqonda kubo.
29 Sengati nga be hlakanipile, ba ku qike loku,
Ukuba ba qonde ukugcina kwabo!
30 Inkulungwane i nga xoshwa kanjani umuntu e munye,
Izinkulungwane ezi ishumi zi bengulwe ababili,
Uma iTshe labo li nga tengisanga ngabo,
UJehova e nga ba kapelanga na?
31 Ngokuba itshe labo a li njengeTshe letu,
Na ngokubona kwezita zetu.
32 Ngokuba umvini wabo ngumvini wa seSodom,
Nowamasimu a seGomora;
Amavini abo a ngamavini enhlungunyembe,
Nezihleke zabo zi ya baba:
33 Iwayini labo li isihlungu sezimamba,
Ubuti bamabululu anonya.
34 Loku a ku bekelelwe kimina,
Ku valelwe ngopau ezindhlini zami zengcebo na?
35 Okwami ukupindisa, nokubuyisela,
Ngesikati sokushelela kwonyawo lwabo:
Ngokuba usuku lwabo lwamahlekelele se lu sondele,
Izinto ezi ya kubehlela zi ya kauleza.
36 Ngokuba uJehova u ya kuteta icala labantu bake,
A zisole ngezinceku zake;
Lapo e bona ukuti amandhla abo a pelile,
Ku ngeko na munye wabo ovalelweyo, noyekwayo.
37 U ya kuti, Bapi onkulunkulu babo na?
Itshe aba be pepela kulo na?
38 Aba be dhla amanoni emihlatshelo yabo,
Be puza iwayini leminikelo yabo yokupuzwa?
Ma ba suke ba ni size,
Ba be isikoselo senu.
39 Bhekani manje ni bone ukuba yimina, yimina impela engi nguye,
A kuko nkulunkulu kanye nami;
Ngi ya bulala, ngi pilise;
Ngi ya limaza, ngi polise;
A kako o ng'opula esandhleni sami.
40 Ngokuba ngi pakamisela isandhla sami ezulwini,
Ngi ti, Ngi zifunga mina ku ze ku be nini,
41 Uma ngi lola inkemba yami enyampuzayo,
Nesandhla sami si bambelela ekwahluleleni,
Ngi ya kubuyisela impindiselo kwabayimpi kimi,
Ngi ba vuze abangizondayo.
42 Ngi ya kudakisa imicibisholo yami ngegazi,
Inkemba yami i ya kudhla inyama,
Negazi lababuleweyo, nelabatunjwa,
Ezinhlokweni zabaholi bezita.
43 Yenanelani nina zizwe, kanye nabantu bake;
Ngokuba u ya kulipindisela igazi lezinceku zake,
A buyisele impindiselo kwabayimpi kuye,
A hlaulele izwe lake, abantu bake.
44 Wa fika uMoses wa kuluma onke amazwi a le ngoma ezindhlebeni

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UMoses u tshelwa ukuba enyukele eNebo. Ukubusisa kwake.

zabantu, yena, noHosheya ka Nun.
45 UMoses wa qeda ukukuluma onke lawa mazwi kuye wonke uIsraeli; **46** wa ti ku bona, Bekani inhliziyo yenu emazwini onke engi wa fakaza kini namhla, eni ya kuwayaleza abantwana benu ukuba ba qapele ukuwenza, onke amazwi a lo mteto. **47** Ngokuba a ku siyo into e ize kinina ngoba ku ukupila kwenu; ngako loko ni ya kwandisa izinsuku zenu ezweni, eni za kuwela iJordan ukuba ni lake.

48 UJehova wa kuluma ku Moses nga lolo suku, wa ti, **49** Yenyukela ku le ntaba ya seAbarim, intaba iNebo, e sezweni la kwa Moabe, eli malungana neJeriko; u buke izwe la kwa Kanan, engi li nika aba kwa Israeli ukuba li be ifa; **50** u fe ku leyo ntaba o ya kwenyukela kuyo, welekelwe ku bantu ba kini njengokuba uAron umfo wenu wa fa entabeni iHori, w'elekelwa ku bantu ba kubo: **51** ngokuba na pambuka kimi pakati kwaba kwa Israeli emanzini a seMeriba la seKadeshe, ehlane la seZin; ngokuba a ni ngi ngcwelisanga pakati kwaba kwa Israeli. **52** Ngokuba u ya kulibona izwe ngapambi kwako; kodwa a u yi kungena kona ezweni engi li nika aba kwa Israeli.

33 Yilesi isibusiso, uMoses umuntu ka Nkulunkulu a ba busisa ngaso aba kwa Israeli, e nga ka fi.

2 Wa ti,
UJehova wa vela eSinayi,
Wa pumela pezu kwabo e puma e Sehire:
Wa kanya e sentabeni iParan,
W'eza e puma kwabangcwele aba izinkulungwane ezi ishumi:
Nga kwesokunene sake kwa ku kona umteto womlilo u qonde bona.
3 Yebo, u ya ba tanda abantu;
Bonke abangcwele bake ba sesandhleni sako:
Ba hlala ezinyaweni zako;
Bonke ba ya kwamkela amazwi ako.
4 UMoses wa si yaleza umteto,
Ifa lombutano ka Jakobe.
5 Wa e inkosi kwa Jeshurun,
Lapo izinhloko zabantu za zi butene,
Izizwe za kwa Israeli zi ndawonye.
6 Ma ka pile uRuben a nga fi;
A nga bi ingcozana amadoda ake.
7 Yilesi isibusiso si ka Juda: wa ti,
Yizwa Jehova, izwi li ka Juda,
U m ngenise ku bantu bake;
Wa zilwela ngezandhla zake;
U ya kuba umsizi wena ukulwa nabayimpi kuye.
8 NgoLevi wa ti,
ITumim yako, neUrim yako i kuye ongcwele wako,
Owa m linga eMasa,
Nowa pikisana naye emanzini a seMeriba;
9 Owa ti ngoyise nonina, A ngi m boni;
A ka banga nandaba nabafo wabo,
Nabantwana bake a ka b'azanga:
Ngokuba ba li qapele izwi lako,
Ba linda isivumelwano sako.
10 Ba ya kufundisa uJakobe amasiko ako,
Ba m fundise uIsraeli umteto wako:
Ba ya kubeka impepo pambi kwako,
Ba beke umnikelo oshiswayo opeleleyo pezu kwelati lako.
11 Yi busise, Jehova, imfuyo yake,
Wamkele umsebenzi wezandhla zake:
Ba debeze okalweni bona abamvukelayo,
Nabo abamzondayo ukuba ba nga pindi, ba vuke.
12 NgoBenjamin wa ti,
Isitandwa si ka Jehova si ya kuhlala kuye si londekile;
U ya si henqela lonke usuku,
Si hlala emkatini wamahlombe ake.
13 NgoJosefa wa ti,
Izwe lake ma li busiswe uJehova,
Ngezinto ezinqabileyo zezulu, ngombete,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukubusisa ku ka Moses.

Nototololo wamanzi o te cashalala ngapansi.
14 Na ngezinto ezinqabileyo zezitelo zelanga,
Nezinto ezinqabileyo ezi hlunyiswa inyanga,
15 Na ngezinto ezinkulu zezintaba zamandulo,
Na ngezinto ezinqabileyo zamagquma amiyo njalo.
16 Na ngezinto ezinqabileyo zomhlaba, nokugcwala kwawo,
Na ngesisa sake owa hlala esihlahleni:
Isibusiso ma si ze pezu kwekanda li ka Josefa,
Na sokakayeni lwake ow'ahlukaniswa ku bafo wabo.
17 Inkunzi yake yamazibulo, ubukosi bu ngobake;
Izimpondo zake zi izimpondo zenyati:
U ya kuqubusha ngazo izizwe zonkana nezi semajukujukwini omhlaba;
Ba izinkulungwane ezi ishumi za kwa Efrayim,
Ba izinkulungwane za kwa Manase.
18 NgoZebulun wa ti,
Tokoza Zebulun ekupumeni kwako;
Nawe Isakare ematenteni ako.
19 Ba ya kubizela izizwe entabeni;
Ba ya kuhlabela lapo imihlatshelo yokulunga,
Ngokuba ba ya kumunca ukunota kwezilwandhle,
Namagugu atukusiweyo esihlabatini.
20 NgoGadi wa ti,
Ma ka busiswe yena o wanula imincele ka Gadi:
U hlezi njengengonyamakazi,
U dwengula umkono, yebo, nokakayi.
21 Wa ziketela isabelo sokuqala,
Ngokuba kwa ku kona lapo isabelo sombusi, si bekiwe;
Wa fika kanye nezinhloko zabantu;
Wa feza ukulunga ku ka Jehova,
Namasiko ake noIsraeli.
22 NgoDan wa ti,
UDan u iundhlu lengonyama,
Elixumayo li vela eBashan.
23 NgoNafetali wa ti,
Nafetali, u delisiwe isisa,
U suti isibusiso si ka Jehova;
Yidhla intshonalanga neningizimu wena.
24 NgoAsheri wa ti,
Ma ka busiswe uAsheri ngabantwana,
Ma k'amkeleke ku bafo wabo,
Ma ka cwilise unyawo lwake emafuteni.
25 Imivalo yako i ya kuba insimbi, netusi;
Njengezinsuku zako o ba njalo namandhla ako,
26 A kako o fana noNkulunkulu, Jeshurun,
O kwela pezu kwezulu ekukusizeni,
O kwela pezu kwesibakabaka ngobudhlondhlobala bake.
27 UNkulunkulu o ngunapakade u ikaya,
Ngapansi ku kona izingalo zake ezi kona njalo.
Wa xosha isita ngapambi kwako;
Wa ti, Shabalalisa.
28 UIsraeli u hlezi e londekile;
Umtombo ka Jakobe u hlezi wodwa,
Ezweni lamabele newayini elisha;
Yebo, amazulu ake a ya tonsisa umbete.
29 U ya jabula wena Israeli:
Ubani o njengawe na? isizwe esi sindisiwe uJehova,
Isihlangu sokukusiza,
Nenkemba yobudhlondhlobala bako!
Izita zako zi ya kuzincayisela kuwe;
U ya kunyatela izindawo zabo ezipakemeyo.

34 UMoses w'esuka ematafeni a kwa Moabe w'enyukela entabeni iNebo, esiqongweni sePisga, eli malungana neJeriko. UJehova wa m bonisa lonke izwe la kwa Giliyadi, ku ze ku fike kwa Dan, 2 nalo lonke la kwa Nafetali, nezwe la kwa Efra-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukufa ku ka Moses.

yim, noManase, nalo lonke izwe la kwa Juda, ku ze ku fike olwandhle lokugcina, 3 na seNingizimu, ne-Mfunda yesigodi sa seJeriko, umuzi wamasundu, ku ze ku fike eZohare. 4 Wa ti uJehova kuye, Yileli izwe enga li fungela ku Abraham, na ku Isaka, na ku Jakobe, nga ti, ngi ya kulinika inzalo yako: ngi ku bonisile lona ngamehlo ako, kodwa a u yi kuwelela kulo. 5 UMoses inceku ka Jehova wa fa kona ezweni la kwa Moabe, njengezwi li ka Jehova. 6 Wa m mbela emhosheni ezweni la kwa Moabe eli malungana neBete-pehore: kodwa a muko muntu olaziyo ituna lake ku ze ku be namhla. 7 UMoses wa e neminyaka e ikulu namashumi amabili ekufeni kwake: iso lake la li nga fipele, nezipika zake za zi nga ka ncipi. 8 Aba kwa Israeli ba m kalela uMoses ematafeni a kwa Moabe izinsuku ezi ngamashumi amatatu: za pelake izinsuku zokukala ekumlileleni uMoses.

9 UJoshua ka Nun wa e gcwele umoya wokuhlakanipa; ngokuba uMoses wa e bekile izandhla zake pezu kwake: aba kwa Israeli ba m lalela, b'enza njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses. 10 A ku velanga kwa Israeli umprofeti emva kwa loko o njengoMoses, ow'azana noJehova ubuso nobuso, 11 ngezibonakaliso zonke nezimangaliso uJehova a m tuma ukuba a zenze ezweni la sEgipite ku Faro, na sezincekwini zonke zake, na kulo lonke izwe lake, 12 na ngesandhla sonke esi namandhla, na ngezesabiso zonke ezinkulu, ezenziwa uMoses emehlweni ka Israeli wonke.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

INCWADI KA

JOSHUA

UJoshua u lungisela ukuwela. U tumela izinhloli eJeriko.

1 Kwa ti ngasemva kwokufa ku ka Moses, inceku ka Jehova, uJehova wa kuluma ku Joshua ka Nun, isikonzi si ka Moses, wa ti, 2 UMoses inceku yami ka seko; sukake wena u wele leli Jordan, wena na laba bantu bonke, ni ye ezweni engi ba nika lona, aba kwa Israeli. 3 Izindawo zonke, ezi ya kunyatelwa izinyawo zenu, ngi ni nike zona, njengokukuluma kwami ku Moses. 4 Ku suka ehlane, na ku leli Lebanon, ku ze ku fike emfuleni omkulu, umfula uUfrate, izwe lonke lamaHiti, ku ze ku fike kulo ulwandhle olukulu nga sentshonalanga, ku za kuba umkaulo wenu. 5 A ku yi kubako muntu o ng'ema pambi kwako izinsuku zonke zokuhamba kwako: njengaloku nga ngi naye uMoses ngi ya kuba nawe; a ngi yi kukuyeka, a ngi yi kukushiya. 6 Qina u me isibindi, ngokuba u ya kwenza ukuba laba bantu ba li dhle ubufa izwe enga li fungela koyise, ukubanika lona. 7 Kepa qina u me isibindi impela, u qapele ukwenza ngokwomteto wonke, a ku yala ngawo uMoses, inceku yami: u nga pambuki kuwo ukuya nga kwesokunene na nga kwesokohlo, ukuba u pumelele lapa u hamba kona. 8 Le ncwadi yomteto ma i nga suki emlonyeni wako, u zindhle ngayo imini nobusuku, ukuze u qapele ukwenza konke okulotshiweyo kuyo: ngoba yikona u ya kuhlanhlazelisa indhlela yako, yikona u ya kupumelela. 9 A ngi ku yalile na? Qina u me isibindi; u nga bi nal'uvalo, u nga papateki; ngoba uJehova uNkulunkulu wako u nawe lapa u hamba kona.

10 UJoshua wa s'e yala izinduna zabantu, e ti, 11 Dabulani pakati kwekamu, ni yale abantu, ni ti, Zilungiseleni umpako; ngokuba ezinsukwini ezintatu ni ya kuwela leli Jordan, ni ngene ni dhle izwe, uJehova uNkulunkulu wenu a ni nika lona ukuba ni li dhle.

12 UJoshua wa kuluma ku maRuben, na ku maGadi, na kuyo inxenye yesizwe sa kwa Manase, wa ti, 13 Kumbulani izwi a ni yala ngalo uMoses inceku ka Jehova, ukuti, UJehova uNkulunkulu wenu u ya ni pumuza, u zo ni nika leli lizwe. 14 Omkenu, nezingane zenu, nemfuyo yenu, ku ya kuhlala ezweni a ni nika lona uMoses ngapesheya kweJordan; kepa nina ni ya kuwela pambi kwabafo wenu, ni hlomile, nonke nina ziqwaga ezi ngamaqawe, ni ba size; 15 ba ze ba punyuzwe uJehova abafo wenu njengani, be dhlile nabo izwe a ba nika lona uJehova uNkulunkulu wenu: kona ni ya kubuyela ezweni lefa lenu, ni lake, a ni nika lona uMoses inceku ka Jehova ngapesheya kweJordan, nga sempumalanga. 16 Ba m pendula uJoshua, be ti, Konke o si yale ngako si ya kukwenza, na lapo u si tuma kona si ya kuya kona. 17 Njengokuba sa m lalela uMoses ezintweni zonke, so ku lalela nawe: kodwake uJehova uNkulunkulu wako ka be nawe njengokuba wa e noMoses. 18 Lowo o hlubuka ezwini lako e nga laleli amazwi ako kuko konke o m yala ngako, u ya kubulawa: kodwake qina wena u me isibindi.

2 UJoshua ka Nun wa tuma ngasese amadoda amabili esuka eShitim, e izinhloli, wa ti, Hambani ni bone izwe, neJeriko. A hamba a ngena endhlini yesifebe, igama laso uRahabi, a lala kona. 2 Kwa bikwa enkosini ya seJeriko, kwa tiwa, Bheka, ku ngene lapa nga lobu busuku amadoda a vela kwaba kwa Israeli, ukuba a hlole izwe. 3 Inkosi ya seJeriko ya tumela ku Rahabi, ya ti, Kipa lawa madoda a fike kuwe, a ngena endhlini yako; ngokuba eze ukuzohlola izwe

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

lonke. 4 Owesifazana wa tabata lawa madoda amabili wa wa tukusa; wa ti, Yeboke, amadoda a fika kimi, be ngi nga w'azi kodwa ukuti a velapi: 5 kwa ti ngenkati yokuvalwa kwesango, se ku hlwile, a puma amadoda; a ng'azi ukuti a ye ngapi amadoda lawo: sheshani ni wa landele ngokuba ni za kuwafica. 6 Kodwa wa e se w'enyusele opahleni, wa wa shumeka ezingabeni zeflakisi, a be zihlelele zona opahleni. 7 Abantu ba wa landela ngendhlela e ya eJordan ukuya emazibukweni: ba ti ukupuma qede abawalandelayo kwa valwa isango.

8 E nga ka lali, w'enyukela kuwo opahleni; 9 wa ti emadodeni, Ngi y'azi ukuti uJehova u ni nikile izwe, nokuti si ngenwe ivuso ngani, nokuti abantu bonke bezwe ba ya shekezela pambi kwenu. 10 Ngokuba si zwile ukuti uJehova w'omisa amanzi oLwandhle oluBomvu pambi kwenu ekupumeni kwenu Egipite; na loko enakwenzayo kuwo amakosi amabili amaAmori a e ngapesheya kweJordan, uSihon, noOgi, ena ba shaya na ba bhuqa. 11 S'anela ukuzwa loko izinhlizjyo zetu za nyiba, a kwa be ku sa bako sibindi ku muntu ngenxa yenu: ngokuba uJehova uNkulunkulu wenu u nguNkulunkulu ezulwini pezulu na semhlabeni pansi. 12 Ngakoke a ke ni funge uJehova kimi, loku ngi n'enzele isihau ukuti nani ni ya kwenzela indhlu ka baba isihau ni ngi nike isibonakaliso esiqinisekileyo; 13 nokuti no sindisa ubaba, nomame, nabafo wetu, na odade wetu, nako konke aba nako, n'opule imipefumulo yetu ekufeni. 14 Amadoda a ti kuye, Si za kunihlenga na ngokufa kwetu, uma ni nga lu hlabezi lolu daba lwetu; ko ti, lapo uJehova e se si nika izwe, si n'enzele isihau neqiniso.

15 Wa s'e w'ehlisa ngentambo ngesibuko: ngoba indhlu yake ya i sogangeni lomuzi, wa be ake ogangeni. 16 Wa s'e ti kuwo, Yiyani entabeni, funa abanilandelayo ba hlangane nani; cashani kona izinsuku ezintatu, ba ze ba buye abanilandelayo; andubake ni hambe ngendhlela yenu. 17 Amadoda a ti kuye, Si fun'ukuba si nga bi nacala nga lesi sifungo sako o si fungise sona. 18 Bheka, ukufika kwetu ku leli zwe u ya kubopa le ntambo ebomvu esibukweni o s'ehlise ngaso: uyihlo, nonyoko, nabafo wenu, nendhlu yonke ka yihlo u yo yi butela endhlini kuwe. 19 Ku za kuti, lowo o puma eminyango yendhlu yako a ye pandhle, igazi lake li be pezu kwekanda lake, si nga bi nacala tina: kodwa lowo o ya kuba nawe endhlini, igazi lake li za kuba pezu kwekanda letu, uma ku yiswa isandhla kuye. 20 Kodwa uma u hlabeza lolu daba lwetu, a si yi kuba nacala ngesifungo sako o si fungise sona. 21 Wa ti, A ku be njengamazwi enu. Wa wa mukisa, a hamba: wa s'e bopa intambo ebomvu esibukweni.

22 A hambake a ya entabeni, a hlala kona izinsuku ezintatu, ba ze ba buya abawalandelayo: abawalandelayo ba wa funa indhlela yonke, a ba ze ba wa fumana. 23 A s'e buya la madoda amabili ehla entabeni, a wela a fika ku Joshua ka Nun; a m balisela konke okwawehlelayo. 24 A ti ke ku Joshua, Impela, uJehova u se kapele ezandhleni zetu izwe lonke; futi bonke abantu bezwe ba ya shekezela pambi kwetu.

3 UJoshua wa vuka ekuseni nga kusasa; ba suka eShitim, ba fika eJordan, yena nabo bonke aba kwa Israeli; ba lala kona, be nga ka weli. 2 Kwa ti ekupeleni kwezinsuku ezintatu, izinduna za dabula pakati kwekamu; 3 za ba yala abantu za ti, Nxa ni bona umpongolo wesivumelwano si ka Jehova uNkulunkulu wenu, nabapristi abaLevi be wu twala, konake ni ya kusuka endaweni yenu ni wu landele. 4 Kepa ko ba kona ibanga pakati kwenu nawo, kungati izingalo ezi izinkulungwane ezimbili ngokulinganisa: ni nga sondeli kuwo ukuba n'azi indhlela eni ya kuhamba ngayo; ngokuba a ni bonanga ni dhlula nga le ndhlela pambili. 5 UJoshua wa ti ku bantu,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukuwela kwabantu. Ku miswa amatshe esikumbuzelo.

Zingcweliseni; ngokuba ngomso uJehova u ya kwenza imimangaliso pakati kwenu. 6 UJoshua wa kuluma ku bapristi, wa ti, Twalani umpongolo wesivumelwano, ni wele pambi kwabantu: ba twala umpongolo wesivumelwano, ba hamba pambi kwabantu.

7 UJehova wa ti ku Joshua, Namhla ngi zo qala ukukwenza mkulu emehlweni ka Israeli wonke, ukuba b'azi ukuti, njengokuba nga ngi naye uMoses ngi ya kuba nawe. 8 U ya kuyala abapristi aba twala umpongolo wesivumelwano, u ti, Nxa se ni fikile osebeni lwamanzi eJordan, ni ze ni me eJordan. 9 UJoshua wa ti kwaba kwa Israeli, Sondelani lapa, ni zwe amazwi ka Jehova uNkulunkulu wenu. 10 UJoshua wa ti, Nga loku ni ya kwazi ukuti uNkulunkulu opilayo u kona pakati kwenu, nokuti, u ya kuxosha nokuxosha pambi kwenu amaKanan, namaHiti, namaHivi, namaPerizi, namaGirgashi, namaAmori, namaJebusi. 11 Nanko umpongolo wesivumelwano seNkosi yomhlaba wonke u wela iJordan pambi kwenu. 12 Manjeke tabatani abantu aba ishumi nambili ezizweni za kwa Israeli, indoda i benye esizweni. 13 Ku za kuti, nxa izinyawo zabapristi aba twala umpongolo ka Jehova, iNkosi yomhlaba wonke, zi ma emanzini eJordan, amanzi eJordan a nqanyulwe, amanzi a vela nga senhla; a ya kuma inqwabanye.

14 Kwa ti, ekusukeni kwabantu ematenteni abo ukuba ba wele iJordan, abapristi aba twala umpongolo wesivumelwano be ngapambi kwabantu; 15 lapo se be fikile eJordan aba twala umpongolo, izinyawo zabapristi aba twala umpongolo se zi cwilile osebeni lwamanzi (ngokuba iJordan li ya pupuma ezindongeni zonke zalo ngesikati sonke sokuvuna), 16 kwa ti, amanzi a vela nga senhla ema, a fukuka, a ba inqwabanye, kude kakulu nga seAdam, umuzi o nga seZeretan; na lawa ewukayo, e ya nga selwandhle lwa seAraba, uLwandhle lu ka Saoti, a nqanyulwa nya: abantu ba se be wela be bhekene neJeriko. 17 Abapristi aba twala umpongolo wesivumelwano si ka Jehova b'ema ba ti bhuxe emhlabatini pakati neJordan; uIsraeli wonke wa wela emhlabatini, sa za sa wela iJordan isizwe sonke sa pelela.

4 Kwa ti, isizwe se si welile iJordan, sa pelela, uJehova wa kuluma ku Joshua, wa ti, 2 Tabatani amadoda a ishumi nambili ebantwini, indoda i benye esizweni, 3 ni wa yale, ni ti, Tabatani lapo pakati kweJordan, endaweni lapa zi me za ti bhuxe kona izinyawo zabapristi, amatshe a ishumi nambili, ni wele nawo, ni wa beke endaweni yokungenisa lapo ni ya kungenisa kona namhla. 4 UJoshua wa se e biza la madoda a ishumi nambili, a be wa misile kwaba kwa Israeli, indoda ya banye esizweni: 5 uJoshua wa ti kuwo, Welani nga pambi kwompongolo ka Jehova uNkulunkulu wenu, ni ye pakati neJordan, n'etshate ilowo itshe ehlombe, njengomumo wezizwe zaba kwa Israeli; 6 ukuba loku ku be isibonakaliso pakati kwenu, ukuba lapo abantwana benu be buza ngesikati esizayo, be ti, A sho ukutini kinina lawa matshe na? 7 be se ni ti kubo, Ku ngoba amanzi a seJordan a nqanyulwa pambi kwompongolo wesivumelwano si ka Jehova; lapo u wela iJordan amanzi eJordan a nqanyulwa: lawa matshe a za kuba isikumbuzo kwaba kwa Israeli ku ze ku be nini.

8 Aba kwa Israeli b'enze njalo njengokuyala ku ka Joshua, ba fukula amatshe a ishumi nambili pakati neJordan, njengokukuluma ku ka Jehova ku Joshua, njengomumo wezizwe zaba kwa Israeli; ba wela nawo, ba ya endaweni yokulala, ba wa beka kona. 9 UJoshua wa misa amatshe a ishumi nambili pakati neJordan, endaweni lapo be zi mi kona izinyawo zabapristi aba twala umpongolo wesivumelwano: a kona na namhla. 10 Ngoba abapristi aba twala umpongolo b'ema pakati neJordan kwa za kwa pelela konke uJehova a m yala ngako uJoshua ukuba a ku kulume

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku buya amanzi. Amatshe a seGiligali. Ukusokwa kwabantu.

ku.bantu, njengako konke uMoses a m yalà ngako uJoshua: abantu ba shesha, ba wela. **11** Kwa ti, se be welile abantu ba pelela, kwa welake umpongolo ka Jehova nabapristi pambi kwabantu. **12** Aba kwa Ruben, naba kwa Gadi, nenxenye yesizwe sa kwa Manase, ba wela be hlomile, pambi kwaba kwa Israeli, njengokukuluma ku ka Moses kubo: **13** kwa wela pambi ku ka Jehova aba hlomele ukulwa ba ye empini, kungati, aba izinkulungwane ezi amashumi amane, ba ya ematafeni a seJeriko. **14** Nga lolo suku uJehova wa m enza mkulu uJoshua emehlweni aba kwa Israeli bonke; ba m esaba, njengokuba ba m esaba uMoses izinsuku zonke zokuhamba kwake.

15 UJehova wa kuluma ku Joshua, wa ti, **16** Ba yale abapristi aba twala umpongolo wesifakazo ukuba b'enyuke eJordan. **17** Ngako uJoshua wa ba yala abapristi, wa ti, Yenyukani eJordan. **18** Kwa ti abapristi aba twala umpongolo wesivumelwano si ka Jehova se b'enyukile be puma pakati neJordan, izinyawo zabapristi se zi pumele emhlabatini, amanzi eJordan a buyela endaweni yawo, a pupuma ezindongeni zonke zalo njenga semihleni.

19 Abantu b'enyuka eJordan ngosuku lweshumi lwenyanga yokuqala, ba ngenisa eGiligali, emnceleni wa seJeriko o nga sempumalanga. **20** Lawo matshe a ishumi nambili, abawatatayo eJordan, uJoshua wa wa misa eGiligali. **21** Wa kuluma kwaba kwa Israeli, e ti, Ko ti lapa abantwana benu be buza oyise ngesikati esizayo, be ti, A sho ukutini lawa matshe? **22** be se ni bazisa abantwana benu, ni ti, UIsraeli wa wela leli Jordan emhlabatini. **23** Ngoba uJehova uNkulunkulu wenu wa w'omisa amanzi eJordan ngapambi kwenu, na za na wela, njengaloko akwenzayo uJehova uNkulunkulu wenu eLwandhle oluBomvu, alomisayo pambi kwetu sa za sa wela; **24** ukuba abantu bonke bomhlaba ba s'azi isandhla si ka Jehova, ukuba si namandhla; ukuze ni m esabe uJehova uNkulunkulu wenu ku ze ku be nini.

5 Kwa ti amakosi onke amaAmori, a ngapesheya kweJordan nga sentshonalanga, namakosi onke ama-Kanan a nga selwandhle, e s'ezwa ukuba uJehova womise amanzi eJordan ngapambi kwaba kwa Israeli, sa ze sa wela, izinhliziyo zawo za nyiba; a kwa be ku sa bako sibindi kuwo, pambi kwaba kwa Israeli.

2 Nga leso sikati uJehova wa ti ku Joshua, Yenza omese ngensengetshe, u buye u soke aba kwa Israeli ngokwesibili. **3** UJoshua wa z'enzela omese ngensengetshe, wa ba soka aba kwa Israeli egqumeni lamajwabu. **4** Yilesi isici uJoshua a ba soka ngaso: abantu bonke aba puma Egipite, aba isilisa, bona bonke aba ngamadoda okulwa ba fa ehlane, endhleleni se be pumile Egipite. **5** Ngokuba ba be sokiwe bonke abantu abapumayo, kepa abantu bonke aba zalwa ehlane, endhleleni ekupumeni kwabo Egipite, ba be nga sokanga. **6** Ngoba aba kwa Israeli ba hamba iminyaka e ngamashumi amane ehlane, kwa za kwa pela isizwe sonke, wona amadoda okulwa apumayo Egipite, ngokuba e nga lalelanga izwi li ka Jehova: a funga kuwo uJehova, ngokuti, ka yi kuwabonisa izwe alifungelayo uJehova koyise, e ti, u ya kusinika lona, izwe eli vame ubisi nezinyosi. **7** Abantwana babo, abavusayo esikundhleni sabo, labo uJoshua wa ba soka: ba be aba nga sokile ngokuba ba be nga ba sokanga endhleleni. **8** Kwa ti, se be qedile ukusoka isizwe sonke, ba hlala ezindaweni zabo ekamu, ba za ba pola. **9** UJehova wa ti ku Joshua, Namhla ngi si gingqile isihlamba sa sEgipite nga si susa kini. Ngako igama la leyo ndawo la tiwa iGiligali, ku ze ku be namhla.

10 Aba kwa Israeli ba ngenisa eGiligali; b'enza ipasika se li shona ilanga, ngosuku lweshumi nane lwenyanga, kona ematafeni a se Jeriko. **11** Ba dhla ukudhla kwezwe nga ngomso emva kwepasika, amaqebelengwana a nge na mvubelo, ne-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nhlosa, nga lolo suku. 12 Imana la nqamuka nga ngomso, se be dhlile ukudhla kwezwe; a ba be be sa ba nalo imana aba kwa Israeli; ba se be dhla izitelo zezwe la kwa Kanan nga lowo mnyaka.

13 Kwa ti, uJoshua e nga seJeriko, wa pakamisa amehlo ake, wa bheka, nangoke umuntu emi malungana naye, inkemba yake i kokiwe i sesandhleni sake: uJoshua wa ya kuye, wa ti kuye, U vuna tina, nokuba abayimpi kiti na? 14 Wa ti, Qa, kodwa ngi ze kaloku, ngi isikulu sebandhla li ka Jehova. UJoshua wa se ti mbo ngobuso pansi emhlabatini, wa kuleka, wa ti kuye, I tini inkosi yami encekwini yayo? 15 Isikulu sebandhla li ka Jehova sa ti ku Joshua, Kumula isicatulo sako onyaweni lwako; ngokuba indawo o mi kuyo i ngcwele. Wa s'enze njalo uJoshua.

6 Kepake iJeriko la se li valiwe ngci ngenxa yaba kwa Israeli; kwa ku nga pumi muntu, ku nga ngeni muntu. 2 UJehova wa ti ku Joshua, Bheka, ngi kapele esandhleni sako iJeriko, nenkosi yalo, neziqwaga ezi ngamaqawe. 3 No haqa umuzi nonke nina, madoda okulwa, ni wu zungeze umuzi kanye. Yenza njalo izinsuku ezi isitupa. 4 Abapristi aba isikombisa ma ba pate pambi kwompongolo amacilongo a isikombisa ezimpondo zezinqama: ngosuku lwesikombisa no zungeza umuzi kakombisa, abapristi ba shaye amacilongo. 5 Ko t'ubake, ku shaywe upondo lwenqama lu ti ntwe ni zwe izwi lecilongo, abantu bonke ba hlokome ngenhlokomo enkulu; ugange lomuzi lu ya kuwa bhu pansi, b'enyuke bonke abantu, ilowo a qonde malungana naye. 6 UJoshua ka Nun wa biza abapristi, wa ti kubo, Tabatani umpongolo wesivumelwano, abapristi aba isikombisa ma ba pate ngapambi kwompongolo ka Jehova amacilongo a isikombisa ezimpondo zezinqama. 7 Ba ti ku bantu, Dhlulani, ni zungeze umuzi, abahlomileyo ka ba dhlule ngapambi kwompongolo ka Jehova.

8 Kwa ti, uJoshua e se kulumile ku bantu, abapristi aba isikombisa aba pata amacilongo a isikombisa ezimpondo zezinqama ngapambi ku ka Jehova ba dhlula, be shaya amacilongo: umpongolo wesivumelwano si ka Jehova wa ba landela. 9 Abahlomileyo ba hamba ngapambi kwabapristi aba shaya amacilongo, isigaba sa semva sa landela umpongolo, abapristi ba hamba be shaya amacilongo. 10 UJoshua wa yala abantu, wa ti, Ni nga hlokomi, ma li ng'ezwakali izwi lenu, ku nga pumi lizwi emlonyeni wenu, ku ze ku fike usuku engi za kuti kini ngalo, hlokomani; konake ni ya kuhlokoma. 11 Njaloke w'enza ukuba umpongolo ka Jehova u zungeze umuzi, wa wu haqa kanye; ba buyela ekamu, ba lalake ekamu.

12 UJoshua wa vuka ekuseni nga kusasa; abapristi ba twala umpongolo ka Jehova. 13 Abapristi aba isikombisa aba pata amacilongo a isikombisa ezimpondo zezinqama ngapambi kwompongolo ka Jehova, ba hamba njalo, ba shaya amacilongo; abahlomileyo ba hamba ngapambi kwabo; isigaba sa semva sa landela umpongolo ka Jehova; abapristi ba hamba be shaya amacilongo. 14 Ngosuku lwesibili ba zungeza umuzi kanye, ba buyela ekamu: b'enze njalo izinsuku ezi isitupa.

15 Kwa ti ngosuku lwesikombisa, ba vuka ekuseni, ngokutata kwokusa, ba zungeza umuzi njengesiko kakombisa: kodwa nga lolo suku ba zungeza umuzi kakombisa. 16 Kwa ti ngokwesikombisa, abapristi se be shaya amacilongo, uJoshua wa ti ku bantu, Hlokomani; ngokuba uJehova u ni nikile lo muzi. 17 Umuzi u ya kwahlukaniselwa ku Jehova ngokulokotelwa, wona nako konke oku kuwo: kupela uRahabi isifebe o ya kusinda, yena nabo bonke a nabo endhlini, ngokuba wa tukusa izigijimi esazitumayo. 18 Kepa nina, ma ni zigcine kuko okwahlukaniselwa ngokulokotelwa, funa se ni ku lokotele, ni ku tate okulokotelweyo, nenze

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

URahabi u ya sindiswa. Abantu ba nqotshwa eAyi.

ikamu la kwa Israeli li be into eyahlukaniselwa ngokulokotelwa ni li hlupe. 19 Kepa isiliva lonke, negolide, nezitsha zetusi, nezensimbi, zi ngcwele ku Jehova: zi ya kungena endhlini yengcebo ka Jehova. 20 Abantu ba hlokomake, kwa shaywa amacilongo; kwa ti, abantu se b'ezwa ukukala kwecilongo, abantu ba hlokoma ngenhlokomo enkulu, ugange lwa wa pansi bhu, abantu bonke b'enyukela emzini, ilowo muntu e qonda malungana naye, ba wu dhla umuzi. 21 Ba shaya ba bhuqa konke oku semzini ngobukali benkemba, isilisa nesifazana, abasha nabadala, nenkomo, nemvu, nembongolo.

22 UJoshua wa ti ku lawo madoda amabili a e hlole izwe, Ngenani endhlini yesifebe, ni kipe kona lowesifazana, nako konke a nako, njengokufunga kwenu kuye. 23 Za ngenake izinsizwa eza zi izinhloli, za kipa uRahabi, noyise, nonina, nabafo wabo, nako konke a nako; nomndeni wonke wa kubo za ba kipa; za ba beka ngapandhle kwekamu la kwa Israeli. 24 Ba shisa umuzi ngomlilo, nako konke oku kuwo; kupela isiliva, negolide, nezitsha zetusi nezensimbi, ba zi beka endhlini yengcebo yendhlu ka Jehova. 25 Kepa uRahabi isifebe, nendhlu ka yise, nako konke a nako, wa ku sindisa uJoshua; w'aka pakati ku ka Israeli ku ze ku be namhla; ngokuba wa tukusa izigijimi azitumayo uJoshua ukuba zi hlole iJeriko. 26 UJoshua wa ba fungisa nga leso sikati, wa ti, Ma ka qalekiswe pambi ku ka Jehova lowo muntu o za kusuka ake lo muzi iJeriko: u ya kuwusekela ngowamazibulo wake, a mise amasango awo ngowamagcino wake. 27 UJehova wa ba naye uJoshua; udumo lwake lwa ba kona ezweni lonke.

7 Kodwa aba kwa Israeli ba pambuka ngento ebi hlukaniselwa ngokulokotelwa; ngoba uAkan ka Karmi ka Zabedi ka Zera, wesizwe sa kwa Juda, wa tabata into ebi hlukaniselwa ngokulokotelwa; ulaka lu ka Jehova lwa vuta nga kwaba kwa Israeli.

2 UJoshua wa tuma abantu b'esuka eJeriko ba ya eAyi, eli nga seBetaven, nga sempumalanga kwa seBeteli; wa kuluma kubo, wa ti, Yenyukani ni hlole izwe. Abantu b'enyuka, ba hlola iAyi. 3 Ba buyela ku Joshua, ba ti kuye, Ma ba ng'enyuki abantu bonke; ma kwenyuke abantu aba izinkulungwane ezimbili mhlaumbe ezintatu, ba cite iAyi, u nga ba qobi abantu bonke ngokubayisa kona; ngokuba ba ingcozana. 4 Kwenyukake kwa ya kona abantu aba ngangezinkulungwane ezintatu: besuka ba baleka pambi kwabantu ba seAyi. 5 Abantu ba seAyi ba bulala abantu kubo aba ngamashumi amatatu nesitupa: ba ba xosha, b'esuka ngapambi kwesango, ba za ba fika eShebarim; ba ba bulala ekwehleni: izinhliziyo zabantu za nyiba, za ba njengamanzi.

6 UJoshua wa s'e hxebula izingubo zake, wa ti mbo ngobuso pansi emhlabatini pambi kwompongolo ka Jehova kwa za kwa hlwa, yena namalunga a kwa Israeli; ba tela utuli emakanda abo. 7 UJoshua wa ti, Maye, Nkosi Jehova, u ba weliseleni laba bantu iJordan, ukusikapela esandhleni samaAmori, a si bubise? Sengati nga s'aneliswa ukuhlala ngapesheya kweJordan! 8 E, Nkosi yami, ngi za kutini lapa aba kwa Israeli se be fulatele izita zabo! 9 Ngokuba amaKanan nabo bonke abakileyo ezweni ba ya kuzwa, ba si zungeze ba nqume igama letu emhlabeni: u ya kulenzela ntoni po igama lako elikulu?

10 UJehova wa ti ku Joshua, Vuka; u weleni ngobuso bako? 11 W'onile uIsraeli; yebo, b'eqile isivumelwano sami, enga ba yala ngaso; yebo, ba tabatile okwahlukaniselwa ngokulokotelwa; b'ebile, ba zenzisile; ba ku beka kweyabo impahla. 12 Ngakoke aba kwa Israeli a ba na kuma pambi kwezita zabo; ba fulatela izita zabo, ngokuba ba qalekisiwe: a ngi yi kupinda ngi be nani, uma ni nga shabalalisi pakati kwenu loko okwahlukaniselwa ngokulokote-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Isono si ka Akan. IAyi li hlaselwa futi.

lwa. 13 Suka, u ngcwelise abantu, u ti, Zingcweliseleni ingomso, ngokuba uJehova uNkulunkulu wa kwa Israeli u ti, Ku kona pakati kwako okwahlukaniselwe ngokulokotelwa, Israeli; a u na kuma pambi kwezita zako, ni nga ka susi kini loko okwahlukaniselwa ngokulokotelwa. 14 Kusasa ni ya kusondezwa ngezizwe zenu, ku za kuti, isizwe esi konjwe uJehova si sondele ngemindeni; umndeni o konjwe uJehova u sondele ngezindhlu; indhlu e konjwe uJehova i sondele ngabantu. 15 Ku ya kuti okonjwayo e na loko okwahlukaniselwa ngokulokotelwa a shiswe ngomlilo, yena nako konke a nako, ngokuba weqile isivumelwano si ka Jehova, na ngokuba wenzile ubuwula kwa Israeli.

16 UJoshua wa vukake ekuseni nga kusasa, wa sondeza uIsraeli ngezizwe zake; kwa konjwa isizwe sa kwa Juda: 17 wa sondeza umndeni ka Juda; kwa konjwa umndeni wama-Zera: wa sondeza umndeni wama-Zera, abantu ngabantu, kwa konjwa uZabedi: 18 wa sondeza indhlu yake abantu ngabantu; kwa konjwa uAkan ka Karmi ka Zabedi ka Zera, wesizwe sa kwa Juda. 19 UJoshua wa ti ku Akan, Ndodana yami, a ke u m nike uJehova uNkulunkulu ka Israeli udumo, u vume kuye; ma u ngi tshele okwenzileyo, u nga ngi fihleli. 20 UAkan wa pendula uJoshua, wa ti, Iqiniso, ng'onile ku Jehova uNkulunkulu ka Israeli, ng'enze loku na loku: 21 kwa t'ubake ngi bone empangweni ingubo enhle ya seBabulon, namashekeli amakulu amabili esiliva, nesigaxa segolide si ngamashekeli amashumi a isihlanu ngokulinganiswa, nga ku fisa, nga ku tabata; naku, ku tukusiwe emhlabatini pakati kwetente lami, nesiliva li pansi kwayo.

22 UJoshua wa se tuma izigijimi, za gijimela etenteni; nanso, i tukusiwe etenteni lake, isiliva li pansi kwayo. 23 Za ku kipa etenteni, za ku yisa ku Joshua, na kubo bonke aba kwa Israeli; za ku beka pambi ku ka Jehova. 24 UJoshua kanye noIsraeli wonke ba tabata uAkan ka Zera, nesiliva, nengubo, nesigaxa segolide, namadodana ake namadodakazi ake, nezinkomo zake, nezimbongolo zake, nezimvu zake, netente lake, nako konke a nako: ba kwenyusela esigodini sa seAkore. 25 UJoshua wa ti, U si hlupeleni na? uJehova u za kukuhlupa namhla. UIsraeli wonke wa m kanda ngamatshe; wa ba shisa ngomlilo, wa ba gxoba ngamatshe. 26 Ba misa pezu kwake inqwaba enkulu yamatshe, i kona na namhla; uJehova wa guquka olakeni lwake oluvutayo. Ngako igama la leyo ndawo la tiwa, Isigodi sa seAkore, ku ze ku be namhla.

8 UJehova wa ti ku Joshua, U ng'esabi, u nga papateki: tabata bonke abantu bokulwa, u suke, wenyukele eAyi; bheka, ngi kapele esandhleni sako inkosi ya seAyi, nabantu bayo, nomuzi wayo, nezwe layo; 2 u ya kwenza eAyi na senkosini yalo njengaloku w'enza eJeriko na senkosini yalo: kupela impango yalo, nezinkomo zalo, ni ya kuzipangela zona: ma u wu qamele umuzi emva kwawo.

3 W'esukake uJoshua nabo bonke abantu bokulwa ukwenyukela eAyi: uJoshua wa keta abantu aba izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu, iziqwaga ezi ngamaqawe, wa ba tuma ebusuku. 4 Wa ba yala, wa ti, Bhekani, no wu qamela umuzi, ngasemva kwomuzi; ni nga yi kude kakulu nomuzi, ni hlale ni lungele nonke: 5 mina, nabantu bonke aba nami, si ya kusondela emzini. Ko t'ubake ba pumele ukuhlangabezana nati njengakuqala, be se si ya baleka pambi kwabo; 6 ba ya kupuma ba si landele, si ze si ba donse emzini; ngokuba ba ya kuti, Ba ya baleka pambi kwetu njengakuqala: si ya kubalekake pambi kwabo; 7 be se ni sukake ekuqameleni, ni dhle umuzi: uJehova uNkulunkulu wenu u ya kuwukapela esandhleni senu. 8 Ku za kuti, se ni tabatile umuzi, ni tungele umuzi ngomlilo; ni ya kwenza njengezwi li ka Jehova: bhekani, ngi ni

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku citwa iAyi. Kwakiwa ilati eEbali.

yalile. **9** UJoshua wa ba tuma; ba suka ba ya ekuqameleni; ba hlala pakati kweBeteli neAyi, nga sentshonalanga kwa seAyi: kepa uJoshua wa lala pakati kwabantu nga lobo busuku.

10 Wa vuka ekuseni nga kusasa uJoshua, wa hlela abantu, w'enyuka ngapambi kwabantu, yena namalunga a kwa Israeli, ukuya eAyi. **11** B'enyuka bonke abantu, abokulwa aba be naye, ba sondela, ba ya ngapambi kwomuzi, ba ngenisa nga senyakato kweAyi: kwa ku kona umhosha pakati kwake neAyi. **12** Wa tabata abantu kungati ba izinkulungwane ezi isihlanu, wa ba qamelisa ngapakati kweBeteli neAyi nga sentshonalanga kwomuzi. **13** Kwa miswake abantu, yona impi yonke eya i nga senyakato kwomuzi, nabaqameleyo babo aba be nga sentshonalanga kwomuzi, uJoshua wa ya pakati kwesigodi nga lobo busuku. **14** Kwa t'ubake, inkosi ya seAyi i ku bone, ba shesha ba vuka ekuseni, abantu bonke bomuzi ba puma ukuhlangabezana noIsraeli, yona nabantu bonke bayo, ngesikati esimisiweyo, pambi kweAraba; ya i ng'azi ukuti ba kona abayiqameleyo ngasemva kwomuzi. **15** UJoshua noIsraeli wonke b'enza sengati ba yahlulwa pambi kwabo, ba baleka ngendhlela ya sehlane. **16** Ba hlatshelwa umkosi abantu bonke aba be semzini, ukuba ba ba landele; ba m landela uJoshua, ba donswa ba puma emzini. **17** A ku salanga muntu eAyi na seBeteli o nga ba landelanga aba kwa Israeli; ba wu shiya umuzi u gengelezile, ba landela aba kwa Israeli.

18 UJehova wa ti ku Joshua, Yelula umkonto o sesandhleni sako nga seAyi; ngokuba ngi ya kulikapela esandhleni sako. UJoshua w'elula umkonto o sesandhleni sake nga semzini. **19** Abaqameleyo ba vuka ngokushesha endaweni yabo, ba gijima ngokwelula kwake isandhla, ba ngena emzini, ba wu dhla; ba shesha ba tungela umuzi ngomlilo. **20** Ba ti aba seAyi ukubheka ngasemva kwabo ba bona, nankoke umusi womuzi w'enyukela ezulwini, ba be nge namandhla ukubaleka ukuya ngalapa na ngalapa: abantu aba be balekela ehlane ba ba pendukela ababalandelayo. **21** Kwa t'ubake uJoshua noIsraeli wonke ba bone ukuti abaqameleyo ba wu dhlile umuzi, nokuti umusi womuzi u y'enyuka, ba se be buya, ba bulala abantu ba seAyi. **22** Abanye ba puma emzini ukuhlangabezana nabo; ba ba pakati ku ka Israeli, abanye ngalapa, abanye ngalapa: ba ba bulala, a ba shiyanga kubo nowokulandula osindileyo. **23** Ba yi bamba inkosi ya seAyi i zwa, ba yi yisa ku Joshua.

24 Kwa ti uIsraeli, e se qedile ukubulala bonke abakileyo eAyi, endhle ehlane, lapo ba be ba landele kona, se be wile bonke ngobukali benkemba ba za ba pela, uIsraeli wonke wa buyela eAyi, wa li cita ngobukali benkemba. **25** Kwa ti, bonke aba wa nga lolo suku, abesilisa nabesifazana, ba be izinkulungwane ezi ishumi nambili, bona abantu bonke ba seAyi. **26** Ngokuba uJoshua a ka buyisanga isandhla sake, elula umkonto ngaso, wa ze wa shaya wa bhuqa bonke abakileyo eAyi. **27** Kodwa izinkomo nempango ya lowo muzi wa zigcugcela yona uIsraeli, njengezwi li ka Jehova a m yala ngalo uJoshua. **28** UJoshua wa li shisake iAyi, wa l'enza la ba inxiwa ku ze ku be nini, li incitakalo ku ze ku be namhla. **29** Wa panyeka inkosi ya seAyi emtini kwa za kwa hlwa: kwa ti ekushoneni kwelanga, uJoshua wa yala ukuba b'ehlise isidumbu sayo emtini, ba si ntshinge entubeni yesango lomuzi, ba misa pezu kwaso inqwaba enkulu yamatshe, i kona na namhla.

30 UJoshua wa se m akela uJehova uNkulunkulu ka Israeli ilati entabeni iEbali, **31** njengaloku uMoses inceku ka Jehova a yala ngako aba kwa Israeli, njengokulotshiweyo encwadini yomteto ka Moses, ilati lamatshe apelayo, a nga pakanyiselwanga muntu insimbi; ba nikela

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

pezu kwalo iminikelo eshiswayo ku Jehova, ba hlaba iminikelo yokutula. **32** Wa loba kona ematsheni impinda yomteto ka Moses, a yi loba ngapambi kwaba kwa Israeli. **33** UIsraeli wonke, namalunga ake nezinduna nabahluli bake, ba bemi ngalapa kwompongolo na ngalapaya kwawo, pambi kwabapristi, abaLevi aba twala umpongolo wesivumelwano si ka Jehova, owezizwe nowokuzalwa womquba ngokufanayo; inxenye yabo malungana nentaba iGerizim, nenxenye yabo malungana nentaba iEbali, njengokuba uMoses inceku ka Jehova wa e yalile kuqala, ukuba ba busise abantu ba kwa Israeli. **34** Andubake a funde amazwi onke omteto, ukubusisa nokuqalekisa, njengako konke okulotshiweyo encwadini yomteto. **35** A kwa bako lizwi kuko konke akuyalayo uMoses, a nga li fundanga uJoshua pambi kwombutano wonke wa kwa Israeli, nabesifazana, nezingane, nabezizwe aba hamba pakati kwabo.

9 Kwa t'uba ezwe loko amakosi onke a e ngapesheya kweJordan, ezintabeni na sezansi, na nga sogwini lonke lolwandhle olukulu olu malungana neLebanon, amaHiti, namaAmori, namaKanan, namaPerizi, namaHivi, namaJebusi; **2** a butana ndawonye ukulwa noJoshua noIsraeli nganhliziyonye.

3 Kepa abakileyo eGibeyon, ba t'ukuzwa loko a be kwenzile uJoshua eJeriko na seAyi, **4** nabo b'enza ngobuqili, ba suka ba z'enzisa kwangati ba ngamanxusa, ba beka ezimbongolweni zabo amasaka agugileyo, nezimvaba zewayini ezigugileyo, zi dabukile, zi boshiwe, **5** nezicatulo ezigugileyo ezibekelweyo ezinyaweni zabo, nezingubo ezigugileyo pezu kwabo; ukudhla konke kwompako wabo kwa komile, ku kutile. **6** Ba ya ku Joshua ekamu la seGiligali, ba ti kuye na ku bantu ba kwa Israeli, Si vela ezweni eli kude: kalokuke yenzani isivumelwano nati. **7** Abantu ba kwa Israeli ba ti kuwo amaHivi, Mhlaumbe n'akile pakati kwetu; si ng'enza kanjani isivumelwano nani? **8** Ba ti ku Joshua, Si izinceku zako. UJoshua wa ti kubo, Ni ngobani? ni velapi? **9** Ba ti kuye, Izinceku zako zi vela ezweni eli kude kakulu, ngenxa yegama li ka Jehova uNkulunkulu wako: ngokuba si zwile udumo lwake, nako konke akwenzayo Egipite, **10** nako konke akwenzayo kuwo amakosi amabili amaAmori a e ngapesheya kweJordan, ku Sihon inkosi ya seHeshbon, na ku Ogi inkosi ya seBashan, eya i seAshtaroti. **11** A kuluma kitina amalunga a kiti kanye nabo bonke abakileyo ezweni la kiti, ba ti, Tabatani ezandhleni zenu umpako wendhlela, ni ye ni ba hlangabeze, ni ti kubo, Si izinceku zenu: kalokuke yenzani isivumelwano nati. **12** Loku kudhla kwetu kwompako sa ku tabata ku shisa ezindhlini zetu, ngosuku esa puma ngalo ukuza kini; kepa kaloku, naku, komile, ku kutile: **13** lezi zimvaba zewayini esa zi gcwalisa za zi zintsha, kepa nazi zi dabukile: na lezi zingubo nezicatulo zetu se zi gugile ngenxa yendhlela ende kakulu. **14** Abantu ba se be tabata okwompako wabo, a ba buzanga izwi li ka Jehova. **15** UJoshua wa telelana amanzi nabo, w'enza isivumelwano nabo ukuba ba sinde: izikulu zenhlangano za funga kubo.

16 Kwa ti ngasemva kwezinsuku ezintatu, se be s'enzile isivumelwano nabo, b'ezwa ukuti b'akelene nabo, ba hlezi pakati kwabo. **17** Aba kwa Israeli ba suka, ba fika emizini yabo ngosuku lwesitatu. Imizi yabo ya i iGibeyon, neKefira, neBeroti, neKiriyati-jeharim. **18** Aba kwa Israeli a ba ba bulalanga, ngokuba izikulu zenhlangano za zi fungile kubo uJehova uNkulunkulu ka Israeli. Inhlangano yonke ya konona ngezikulu. **19** Kodwa izikulu zonke za ti enhlanganweni yonke, Si fungile kubo uJehova uNkulunkulu ka Israeli: ngakoke a si na kubatinta manje. **20** So kwenza kanje kubo, si ba yeke, ba sinde; funa ku be kona ulaka pezu kwetu ngenxa yesifungo esa si

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

AmaGibeyon enziwa iziqili.

funga kubo. 21 Izikulu za ti kubo, Ma ba yekwe ba sinde: ba ba abatezi bezinkuni nabaki bamanzi kuyo yonke inhlangano, njengokusho kwezikulu kubo.

22 UJoshua wa ba biza, wa kuluma kubo, wa ti, Ni si kohliseleni, ngokuti, Si hlala kude kakulu nani, loku n'akile pakati kwetu? 23 Ngakoke ni qalekisiwe; a ku yi kunqamuka kini ubugqili, ukuba ni be abatezi bezinkuni nabaki bamanzi bendhlu ka Nkulunkulu wami. 24 Ba m pendula uJoshua ba ti, Ngoba izinceku zako za tshelwa nokutshelwa ukuti, uJehova uNkulunkulu wako wa yala uMoses inceku yake, ukuba a ni nike izwe lonke, a shabalalise pambi kwenu bonke abakileyo ezweni; ngakoke s'esaba kakulu ngani, funa si fe, sa se si kwenza loku. 25 Bhekake, si sesandhleni sako: yenza kitina okulungileyo noku te ntse emehlweni ako. 26 W'enze njalo kubo, wa b'opula esandhleni saba kwa Israeli ukuze ba nga ba bulali. 27 Nga lolo suku uJoshua wa b'enza ba be abatezi bezinkuni nabaki bamanzi benhlangano, nabelati li ka Jehova, ku ze ku be namhla, endaweni a ya kuyiketa.

Ku miswa ilanga eGibeyon.

10 Kwa t'ubake, uAdoni-zedeki inkosi ya seJerusalem, e zwe ukuti, uJoshua u dhlile iAyi, wa li shaya wa li bhuqa (njengaloku w'enza eJeriko na senkosini yalo, wa enze njalo eAyi na senkosini yalo), nokuti abantu ba seGibeyon ba telelene amanzi naba kwa Israeli, ba ba pakati kwabo; 2 ba se b'esaba kakulu, ngokuba iGibeyon la li umuzi omkulu, njengomunye wemizi ya komkulu, na ngokuba la li likulu kuneAyi, abantu bonke balo be iziqwaga. 3 Ngakoke uAdoni-zedeki inkosi ya seJerusalem wa tumela ku Hoham inkosi ya seHebron, na ku Piram inkosi ya seJarmuti, na ku Jafiya inkosi ya seLakishe, na ku Debire inkosi ya seEgelon, wa ti, 4 Yenyukelani kimi, ni ngi size, si cite iGibeyon; ngokuba li telelene amanzi no-Joshua naba kwa Israeli. 5 A butanake amakosi a isihlanu amaAmori, inkosi ya seJerusalem, inkosi ya seHebron, inkosi ya seJarmuti, inkosi ya seLakishe, inkosi ya seEgelon, enyuka, wona nezimpi zonke zawo, a li pakela impi iGibeyon, a lwa nalo.

6 Abantu ba seGibeyon ba tumela ku Joshua ekamu eGiligali ba ti, U nga yeketisi isandhla sako ezincekwini zako; shesha wenyukele kitina, u si sindise, u si size; ngokuba amakosi onke amaAmori ake ezintabeni a hlangene ukulwa nati. 7 W'enyukake uJoshua e puma eGiligali, yena kanye nabantu bonke bokulwa, neziqwaga zonke ezi ngamaqawe. 8 UJehova wa ti ku Joshua, U nga b'esabi: ngokuba ngi ba kapele esandhleni sako; a kuko muntu kubo o zo kuma pambi kwako. 9 UJoshua wa ba zuma; ngoba w'enyuka ubusuku bonke e puma eGiligali. 10 UJehova wa ba dunga pambi ku ka Israeli, wa ba ceka ngokuceka okukulu nga seGibeyon, wa ba xosha ngendhlela e kupukela eBete-horon, wa ba bulala ba za ba fika eAzeka na seMakeda. 11 Kwa ti ke, se be balekela uIsraeli, be s'ehla eBete-horon, uJehova wa ponsa pezu kwabo amatshe amakulu, ehla ezulwini, kwa za kwa ba seAzeka, ba fa: ba be baningi abafayo ngesicoto kunababulawa uIsraeli ngenkemba.

12 UJoshua wa s'e kuluma ku Jehova ngosuku uJehova a kapela ngalo amaAmori pambi kwaba kwa Israeli, wa ti emehlweni ka Israeli,

Langa, yiti kimilili eGibeyon,
Nawe nyanga, esigodini sa seAjalon.

13 La se li ti kimilili ilanga, inyanga y'ema,
Sa za sa zipindisela isizwe eziteni zaso.

Loku a ku lotshiwe yini encwadini ka Jashare? Ilanga l'ema pakati nezulu, a li sheshanga ukushona kungati usuku olupeleleyo. 14 A lu bonanga lu ba kona usuku olu njengalo ngapambili kwalo na ngasemva kwalo, ukuba uJehova a lalele izwi lomuntu: ngokuba uJehova wa lwela uIsraeli.

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amakosi a banjwa a bulawe. Imizi e citwa uJoshua.

15 UJoshua wa buyela ekamu eGiligali uIsraeli wonke e naye.

16 Lawa makosi a isihlanu a baleka a casha emhumeni eMakeda. 17 Kwa bikwa ku Joshua ukuti, Lawa makosi a isihlanu a funyanisiwe e cashile emhumeni eMakeda. 18 UJoshua wa ti, Gingqelani amatshe amakulu emlonyeni womhume, ni beke abantu kuwo, ukuba ba wa linde; 19 ni ng'emi nina; landelani izita zenu, ni bulale ezi nga semva; ni nga zi vumeli ukuba zi ngene emizini yazo: ngokuba uJehova uNkulunkulu wenu u zi kapele esandhleni senu. 20 Kwa t'ubake, uJoshua naba kwa Israeli ba qede ukubaceka ngokuceka okukulu kakulu, ba za ba pela, insali yabo eseleyo ya ngena emizini ebiyelweyo, 21 abantu bonke ba se be buyela ekamu ku Joshua ngokutula eMakeda: kwa ku ngeko na munye owa hahamela umuntu wa kwaba kwa Israeli.

22 Wa s'e ti uJoshua, Vulani umlomo womhume, ni kipele kimi lawo makosi a isihlanu emhumeni. 23 B'enze njalo, ba kipela kuye lawa makosi a isihlanu emhumeni; inkosi ya seJerusalem, inkosi ya seHebron, inkosi ya seJarmuti, inkosi ya seLakishe, inkosi ya seEgelon. 24 Kwa t'ubake ba wa kipele ku Joshua lawo makosi, uJoshua wa biza abantu bonke ba kwa Israeli, wa ti ku baholi bamadoda okulwa aba hamba naye, Sondelani, ni beke izinyawo zenu ezintanyeni za lawa makosi. Ba sondelake ba beka izinyawo zabo ezintanyeni zawo. 25 UJoshua wa ti kubo, Ni ng'esabi, ni nga papateki; qinani, ni me isibindi; ngokuba uJehova u ya kwenze njalo kuzo zonke izita eni lwa nazo. 26 Andubake uJoshua a wa gence, a wa bulale, a wa panyeke emitini e isihlanu: a lenga emitini kwa za kwa hlwa. 27 Kwa ti, ngesikati sokushona kwelanga, uJoshua wa yala, ba w'ehlisa emitini, ba wa ponsa emhumeni lapa e be cashe kona, ba beka amatshe amakulu emlonyeni womhume, a kona na namhla.

28 Nga lolo suku uJoshua wa li dhla iMakeda, wa li cita ngobukali benkemba, nenkosi yalo: wa ba shaya wa ba bhuqa nabantu bonke aba kulo; ka shiyanga nowokulandula; w'enza enkosini ya seMakeda njengaloko enza enkosini ya seJeriko.

29 UJoshua wa dhlulela pambili esuka eMakeda, uIsraeli wonke ekanye naye, ba ya eLibena; wa lwa neLibena: 30 uJehova wa li kapela nalo, nenkosi yalo, esandhleni si ka Israeli; wa li cita ngobukali benkemba nabantu bonke aba kulo; ka shiyanga kulo nowokulandula; w'enza enkosini yalo njengaloko enza enkosini ya seJeriko.

31 UJoshua wa dhlulela pambili esuka eLibena, uIsraeli wonke e kanye naye, ba ya eLakishe, ba li pakela impi, ba lwa nalo: 32 uJehova wa kapela iLakishe esandhleni si ka Israeli; wa li dhla ngosuku lwesibili, wa li cita ngobukali benkemba, nabantu bonke aba kulo, njengako konke akwenzayo eLibena.

33 UHoram inkosi ya seGezere wa s'enyuka ukuba a li size iLakishe; uJoshua wa m bulala yena nabantu bake, kwa ze kwa nga sali kuye nowokulandula.

34 UJoshua wa dhlulela pambili esuka eLakishe, uIsraeli wonke e kanye naye, ukuya eEgelon; ba li pakela impi, ba lwa nalo; 35 ba li dhla nga lolo suku, ba li cita ngobukali benkemba; abantu bonke aba kulo wa ba shaya wa ba bhuqa nga lolo suku, njengako konke akwenzayo eLakishe.

36 UJoshua w'enyuka e suka eEgelon, uIsraeli wonke e kanye naye, ukuya eHebron; ba lwa nalo; 37 ba li dhla ba li cita ngobukali benkemba, nenkosi yalo, nemizi yonke yalo, nabantu bonke aba kulo; ka shiyanga nowokulandula, njengako konke akwenzayo eEgelon; wa li shaya wa li bhuqa, nabantu bonke aba kulo.

38 UJoshua wa buyela eDebire, uIsraeli wonke e kanye naye, wa lwa nalo: 39 wa li dhla, nenkosi yalo, nemizi yonke yalo; ba ba bulala ngo-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

bukali benkemba, ba shaya ba bhuqa abantu bonke aba kulo; ka shiyanga nowokulandula; njengaloko akwenzayo eHebron w'enze njalo na seDebire, na senkosini yalo, njengaloko enza eLibena na senkosini yalo.

40 UJoshua wa citake izwe lonke lezintaba nela seNingizimu, nela sezansi nelemitambeka, namakosi onke alo: ka shiyanga nowokulandula, wa shaya wa bhuqa bonke abapefumulayo njengokuyala ku ka Jehova uNkulunkulu ka Israeli. 41 UJoshua wa ba bulala ku suka eKadeshe-barneha kwa za kwa fika eGaza, nezwe lonke la seGoshen kwa za kwa fika eGibeyon. 42 Amakosi onke lawo, nezwe lawo uJoshua wa wa dhla ngesikati sinye, ngokuba uJehova uNkulunkulu ka Israeli wa lwela uIsraeli. 43 UJoshua wa buyela ekamu eGiligali, uIsraeli wonke e kanye naye.

11 Wa ti uJabin inkosi ya seHazore ukuzwa loko, wa tuma ku Jobabe inkosi ya seMadon, na senkosini ya seShimron, na senkosini ya seAkeshafi, 2 na semakosini a senyakato, ezintabeni na seAraba nga seningizimu kweKineroti, na sezansi, na sezimpakameni za seDori nga sentshonalanga, 3 na kuwo amaKanan nga sempumalanga na nga sentshonalanga, na kuwo amaAmori, namaHiti, namaPerizi, namaJebusi ezintabeni, namaHivi, nga senzansi kweHermon ezweni la seMizpa. 4 Ba puma nezimpi zonke zabo, abantu abaningi, be ngangesihlabati esi sogwini lolwandhle ngobuningi, be namahashi, nezinqolana zempi eziningi kakulu. 5 A hlangana lawa makosi onke, eza a ngenisa ndawonye nga semanzini a seMerom, ukuba a lwe noIsraeli.

6 UJehova wa ti ku Joshua, U ng'esabi ngenxa yabo; ngokuba ngomso nga lesi sikati ngi ya kubakapela, be bulewe, pambi ku ka Israeli: u ya kunquma amahashi abo imisipa, u shise izinqolana zabo zempi ngomlilo. 7 Wa fikake uJoshua, bonke abantu bokulwa be kanye naye, ba ba zuma nga semanzini a seMerom, ba ba dumela. 8 UJehova wa ba kapela esandhleni si ka Israeli; ba ba cita, ba ba xosha ba za ba fika eSidon elikulu, na seMiserefoti-mayim, na sesigodini sa seMizpa nga sempumalanga; ba ba bulala; kwa za kwa nga sali nowokulandula. 9 UJoshua w'enza kubo njengokusho ku ka Jehova kuye: wa nquma amahashi abo imisipa, wa shisa izinqolana zabo zempi ngomlilo.

10 Wa buya uJoshua nga leso sikati, wa dhla iHazore, wa bulala inkosi yalo ngenkemba: ngokuba iHazore la li inhloko ya leyo mibuso yonke kuqala. 11 Ba bulala abantu bonke aba kulo ngobukali benkemba, ba ba shaya ba ba bhuqa; ka salanga namunye opefumulayo: wa shisa iHazore ngomlilo. 12 UJoshua wa dhla imizi yonke ya lawa makosi, namakosi onke ayo, wa yi cita ngobukali benkemba, wa yi shaya wa yi bhuqa, njengokuyala ku ka Moses, inceku ka Jehova. 13 Kepake imizi eya i mi emagqumeni ayo uIsraeli ka shisanga namunye kuyo, iHazore kupela, ela shiswa uJoshua. 14 Aba kwa Israeli ba zigcugcela impango yonke ya le mizi nezinkomo; kepa ba bulala bonke abantu ngobukali benkemba, ba za ba ba shabalalisa; a ba shiyanga na munye opefumulayo. 15 Njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses, inceku yake, uMoses wa m yala uJoshua kanjalo; w'enze njalo uJoshua; ka yekanga into kuko konke uJehova a m yala uMoses ngako.

16 UJoshua wa li dhlake lelo zwe lonke, izintaba, nela seNingizimu, nezwe lonke la seGoshen, nela sezansi, neAraba, nezintaba za kwa Israeli, nela sezansi lalo; 17 ku suka entabeni iHalaki, enyukela eSehire, ku ze ku fike eBale-gadi, esigodini seLebanon, nga senzansi kwentaba iHermon: wa bamba amakosi onke abo, wa wa genca, wa wa bulala. 18 UJoshua wa lwa na lawo makosi onke isikati eside. 19 A ku bangako muzi o telelana amanzi naba kwa Israeli, amaHivi kupela, abantu ba seGibeyon: ba yi dhla yonke ngokulwa. 20 Ngokuba kwa vela ku Jehova

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amakosi a bulawa uJoshua.

ukuba ku qiniswe izinhliziyo zabo, ukuba ba hlangabezane noIsraeli ekulweni, ukuze a ba shaye a ba bhuqe, ba nga haukelwa, ukuba a ba shabalalise njengaloko uJehova a m yala ngako uMoses.

21 Nga leso sikati uJoshua wa fika, wa nquma amaAnaki ezintabeni, eHebron, eDebire, eAnabe, na sezintabeni zonke za kwa Juda, na sezintabeni zonke za kwa Israeli: uJoshua wa wa shaya wa wa bhuqa kanye nemizi yawo. 22 A ku salanga maAnaki ezweni laba kwa Israeli: yikupela eGaza, na seGati, na seAshdodi lapa kwa sala amanye nje. 23 UJoshua wa li dhlake izwe lonke njengako konke akukulumayo uJehova ku Moses; uJoshua wa m nika uIsraeli lona, ku be ifa lake, njengokwabelwa kwabo ngezizwe zabo. Izwe la tula a kwa bako ukulwa.

12 Yilawa amakosi ezwe, abacitayo aba kwa Israeli, ba dhla izwe lawo, ngapesheya kweJordan, nga sempumalanga, ku suka esihlanjeni seArnon ku ze ku fike entabeni iHermon, neAraba lonke nga sempumalanga: 2 uSihon inkosi yamaAmori, owa be ake eHeshbon, e busa ku suka eArohere, eli nga seceleni kwesihlambo seArnon, nomuzi o pakati kwesihlambo, nenxenye yeGiliyadi, ku ze ku fike na seJaboki, umfula o ngumkaulo waba kwa Amon; 3 neAraba, ku ze ku fike elwandhle lwa seKineroti nga sempumalanga, na selwandhle lweAraba, lona uLwandhle lu ka Saoti, nga sempumalanga, endhleleni e ya eBete-jeshimoti, na nga seningizimu nga senzansi kwemitambeka ya sePisga: 4 nomkaulo ka Ogi inkosi ya seBashan, owensali yamaRefa, owa be ake eAshtaroti, na seEdreyi, 5 wa busa entabeni iHermon, na seSaleka, na seBashan lonke, ku ze ku fike emkaulweni wamaGeshuri namaMahakati, nenxenye yeGiliyadi, umkaulo ka Sihon inkosi ya seHeshbon. 6 UMoses inceku ka Jehova, naba kwa Israeli ba ba cita: uMoses inceku ka Jehova, wa li nika amaRuben namaGadi nenxenye yesizwe si ka Manase, li be ifa labo.

7 Lawa a ngamakosi ezwe abawacitayo oJoshua naba kwa Israeli, ngapesheya kweJordan, nga sentshonalanga ku suka eBale-gadi esigodini sa seLebanon, ku ze ku fike entabeni iHalaki, enyukela eSehire (uJoshua wa zi nika lona izizwe za kwa Israeli, li be ifa njengokwabelwa kwazo; 8 ezintabeni, na sezansi, na seAraba, na semitambekeni, na sehlane, na seNingizimu; amaHiti, namaAmori, namaKanan, namaPerizi, namaHivi, namaJebusi): 9 inkosi ya seJeriko, inye; inkosi ya seAyi, eli nga seBeteli, inye; 10 inkosi ya seJerusalem, inye; inkosi ya seHebron, inye; 11 inkosi ya seJarmuti, inye; inkosi ya seLakishe, inye; 12 inkosi ya seEgelon, inye; inkosi ya seGezere, inye; 13 inkosi ya seDebire, inye; inkosi ya seGedere, inye; 14 inkosi ya seHorma, inye; inkosi ya seAradi, inye; 15 inkosi ya seLibena, inye; inkosi ya seAdulam, inye; 16 inkosi ya seMakeda, inye; inkosi ya seBeteli, inye; 17 inkosi ya seTapua, inye; inkosi ya se Heferi, inye; 18 inkosi ya seAfeki, inye; inkosi ya seLasharon, inye; 19 inkosi ya seMadon, inye; inkosi ya seHazore, inye; 20 inkosi ya seShimron-meron, inye; inkosi ya se Akeshafi, inye; 21 inkosi ya seTanaki, inye; inkosi ya seMegido, inye; 22 inkosi ya seKedeshe, inye; inkosi ya seJokeneham, eKarmeli, inye; 23 inkosi ya seDori, empakameni ya seDori, inye; inkosi yamaGoyim eGiligali, inye; inkosi ya seTirza, inye; amakosi onke a e ngamashumi amatatu nanye.

13 Kalokuke uJoshua wa e se gugile e neminyaka eminingi; uJehova wa ti kuye, Wena u su gugile, u neminyaka eminingi, kepa izwe eli sa sele ukudhliwa li se li kulu kakulu. 2 Yileli izwe elisaseleyo: izifunda zonke zamaFilisti, nawo onke amaGeshuri; 3 ku suka eShihore, eli ngapambi kwEgipite, ku ze ku fike emkaulweni wa seEkron, nga senya-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukwabiwa kwezwe.

kato, izwe eli balelwa ku maKanan; amakosi a isihlanu amaFilisti; amaGaza, namaAshdodi, namaAshkelon, namaGiti, namaEkron; namaAvi, 4 nga seningizimu; izwe lonke lamaKanan, neMeyara, eli ngelamaSidon, ku ye eAfeki, ku ze ku fike emkaulweni wamaAmori; 5 nezwe lamaGebali, nalo lonke iLebanon nga sempumalanga, ku suka eBale-gadi pansi kwentaba iHermon ku ze ku be sekungeneni kweHamati; 6 abantu bonke ba sezintabeni, ku suka eLebanon ku ze ku fike eMiserefoti-mayim, wona amaSidon onke; ngi ya kuwaxosha pambi kwaba kwa Israeli; kepa b'abele aba kwa Israeli ngenkato, ku be ifa labo njengokukuyala kwami. 7 Kalokuke yabela izizwe ezi isishiyangalolunye nenxenye yesizwe sa kwa Manase leli zwe, li be ifa lazo.

8 AmaRuben namaGadi a l'amkela ifa kanye naye a ba nika lona uMoses ngapesheya kweJordan nga sempumalanga, njengokunikwa kwabo ng'uMoses inceku ka Jehova: 9 ku suka eArohere, eli nga seceleni kwesihlambo seArnon, nomuzi o pakati kwesihlambo, nenkangala yonke ya seMedeba ku ze ku fike eDibon; 10 nemizi yonke ka Sihon inkosi yamaAmori, owa e busa eHeshbon, ku ze ku fike emkaulweni waba kwa Amon; 11 neGiliyadi, nomkaulo wamaGeshuri namaMahakati, nayo yonke intaba iHermon, neBashan lonke ku ze ku fike eSaleka; 12 umbuso wonke ka Ogi eBashan, owa e busa eAshtaroti na seEdreyi (yena wa e sele kuyo insali yamaRefa): ngoba lezi uMoses wa zi cita, wa zi xosha. 13 Noko aba kwa Israeli a ba wa xoshanga amaGeshuri namaMahakati: kepa uGeshuri noMahaka bakile pakati kwaba kwa Israeli ku ze ku be namhla. 14 Isizwe sa kwa Levi kupela a nga si nikanga ifa; iminikelo ka Jehova uNkulunkulu ka Israeli e yenziwa ngomlilo i ifa laso, njengokusho kwake kuso.

15 UMoses wa nika isizwe saba kwa Ruben njengemindeni yabo. 16 Umkaulo wabo wa suka eArohere, eli nga seceleni kwesihlambo seArnon, nomuzi o pakati kwesihlambo, nenkangala yonke ya seMedeba; 17 iHeshbon, nemizi yonke yalo e senkangala; iDibon, neBamoti-bale, neBetebale-meyon, 18 neJahaze, neKedemoti, neMefati, 19 neKiriyatayim, neSibema, neZereti-shahare entabeni ya sesigodini, 20 neBete-pehore, nemitambeka ya sePisga, neBete-jeshimoti, 21 nemizi yonke yenkangala, nombuso wonke ka Sihon, inkosi yamaAmori, owa busa eHeshbon, uMoses ambulalayo kanye nezikulu za kwa Midiyan, uEvi, noRekem, noZure, noHure, noReba, amakosana ka Sihon, a be akile ezweni. 22 Naye uBalam ka Behore, inyanga yokubhula, ba m bulala aba kwa Israeli ngenkemba kanye nabo aba bulawa yibo. 23 Umkaulo waba kwa Ruben wa u iJordan, nomkaulo walo. Yileli ifa laba kwa Ruben, njengemindeni yabo, imizi nemizana yayo.

24 UMoses wa nika isizwe sa kwa Gadi, aba kwa Gadi, njengemindeni yabo. 25 Umkaulo wabo wa u iJazeri, nemizi yonke ya kwa Giliyadi, nenxenye yezwe laba kwa Amon ku ze ku fike eArohere eli ngapambi kweRaba; 26 ku suka eHeshbon ku ze ku fike eRamati-mizpe, neBetonim; ku suka eMahanayim ku ze ku fike emkaulweni wa seDebire; 27 na sesigodini, iBete-haram, neBete-nimra, neSukoti, neZafon, insali yombuso ka Sihon inkosi ya seHeshbon, iJordan nomkaulo walo, ku ze ku fike ekupeleni kwolwandhle lwa seKinereti, ngapesheya kweJordan nga sempumalanga. 28 Yileli ifa laba kwa Gadi njengemindeni yabo, imizi nemizana yayo.

29 UMoses wa nika inxenye yesizwe sa kwa Manase: la ba elenxenye yaba kwa Manase njengemindeni yabo. 30 Umkaulo wabo wa suka eMahanayim, iBashan lonke, umbuso wonke ka Ogi inkosi ya seBashan, nayo yonke imizi ka Jahire, e seBashan, imizi e ngamashumi a isitupa: 31 nenxenye yeGiliyadi, neAshtaroti, neEdreyi, imizi yombuso ka Ogi, eBa-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

shan, ya ba eyaba kwa Makiri ka Manase, eyenxenye yaba kwa Makiri njengemindeni yabo.

32 Yilawa amafa awabayo uMoses ematafeni a kwa Moabe, ngapesheya kweJordan, eJeriko, nga sempumalanga. 33 Kepa uMoses ka si nikanga isizwe sa kwa Levi ifa: uJehova uNkulunkulu ka Israeli u ifa labo, njengokusho kwake kubo.

14 Yilawa amafa a dhliwa aba kwa Israeli ezweni la kwa Kanan, a b'abela wona uElazare umpristi, noJoshua ka Nun, nezinhloko zezindhlu za oyise zezizwe zaba kwa Israeli, 2 ngenkato yefa labo, njengokuyala ku ka Jehova ngoMoses, elezizwe ezi isishiyangalolunye nelenxenye yesizwe. 3 Ngokuba uMoses wa e zi nike izizwe ezimbili nenxenye yesizwe ifa pesheya kweJordan: kodwa ka ba nikanga abaLevi ifa pakati kwabo. 4 Ngokuba aba kwa Josefa ba be izizwe ezimbili, uManase noEfrayim; a ba ba nikanga abaLevi isabelo ezweni; kupela imizi yokuhlala kuyo, namadhlelo ayo ezinkomo zabo nawemfuyo yabo. 5 Njengaloku uJehova a m yala ngako uMoses, b'enze njalo aba kwa Israeli; ba l'aba izwe.

6 Aba kwa Juda ba se be sondela ku Joshua eGiligali: uKalebi ka Jefune, umKenizi, wa ti kuye, U yazi wena izwi alikulumayo uJehova ku Moses, umuntu ka Nkulunkulu, ngami na ngawe eKadeshe-barneha. 7 Nga ngi neminyaka e ngamashumi amane, lapo uMoses inceku ka Jehova e ngi tuma ngi suka eKadeshebarneha ukuya kuhlola izwe; nga buyisela izwi kuye njengako okwa ku senhliziyweni yami. 8 Noko abafo wetu ab'enyuka nami, ba nyibisa inhliziyo yabantu; kodwa mina nga m landela uJehova uNkulunkulu wami ngokupeleleyo. 9 UMoses wa funga nga lolo suku, wa ti, Impela izwe eli nyatelwe izinyawo zako li ya kuba ifa lako, nelabantwana bako ku ze ku be nini, ngokuba u landele uJehova uNkulunkulu wami ngokupeleleyo. 10 Kaloku, bheka, uJehova u ngi pilisile, njengokukuluma kwake, le minyaka e ngamashumi amane nesihlanu, seloku uJehova wa kuluma leli zwi ku Moses, uIsraeli e sa hamba ehlane: kaloku, bheka, se ngi neminyaka e ngamashumi a isishiyangalombili nesihlanu. 11 Ngi se namandhla namhla njengenga ngi nawo ngosuku uMoses a ngi tuma ngalo: njengamandhla ami nga leso sikati, a njalo na kaloku, ekulweni, na sekupumeni na sekungeneni. 12 Ngakoke, a k'u ngi nike le ntaba, a kuluma ngayo uJehova nga lolo suku; ngokuba w'ezwa wena nga lolo suku ukuti, amaAnaki a e kona nemizi emikulu ebiyelweyo; ingabe uJehova a nga ba nami, ngi wa xoshe, njengokukuluma ku ka Jehova.

13 UJoshua wa m busisa; wa nika uKalebi ka Jefune iHebron li be ifa lake. 14 Ngakoke iHebron la ba ifa li ka Kalebi ka Jefune, umKenizi, ku ze ku be namhla; ngokuba wa landela uJehova uNkulunkulu ka Israeli ngokupeleleyo. 15 Kuqala igama leHebron la li iKiriyati-arba; yena uArba wa e ngumuntu omkulu pakati kwamaAnaki. Izwe la tula a kwa bako kulwa.

15 Isabelo ngenkato sesizwe saba kwa Juda njengemindeni yabo sa ya emkaulweni wa kwa Edom, ihlane la seZin nga seningizimu, nga sekugcineni kwezwe la seningizimu. 2 Umkaulo wabo nga seningizimu wa suka ekupeleni kwoLwandhle lu ka Saoti, etekwini eli bheke nga seningizimu; 3 wa ya nga seningizimu kwentuba yokwenyuka yeAkrabim, wa dhlula wa ya eZin, w'enyukela nga seningizimu kweKadeshe-barneha, wa dhlula nga seHezeron, w'enyukela eAdare, wa zungeza wa ya eKarka; 4 wa dhlula nga seAzemon, wa pumela nga semfulaneni wa sEgipite; ukupumela kwomkaulo kwa ku selwandhle: lo u ya kuba umkaulo wenu nga seningizimu. 5 Umkaulo nga sempumalanga wa u uLwandhle lu ka Saoti, ku ze ku fike ekugcineni kweJordan. Umkaulo nga senyakato wa suka etekwini lolwandhle ekugci-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

neni kweJordan; 6 umkaulo w'enyukela eBete-hogela, wa dhlula wa ya nga senyakato kweBetaraba; umkaulo w'enyukela etsheni li ka Bohan, ka Ruben; 7 umkaulo w'enyukela eDebire, u suka esigodini sa seAkore, na nga senyakato, u bheka nga seGiligali, eli bhekene nentuba yokwenyuka yeAdumim eli nga seningizimu kwomfula; umkaulo wa dhlulela emanzini a seEn-shemesh; ukupumela kwawo kwa ku nga seEn-rogeli; 8 umkaulo w'enyuka ngomhosha wendodana ka Hinom, nga seceleni eli nga seningizimu kwamaJebusi (oku ukuti iJerusalem); umkaulo w'enyukela esiqongweni sentaba e ngapambili kwomhosha ka Hinom nga sentshonalanga, o sekugcineni kwesigodi samaRefa nga senyakato; 9 umkaulo wa hlaba, wa suka esiqongweni sentaba wa ya emtonjeni wamanzi a seNefetowa, wa pumela emizini ya sentabeni iEfron; umkaulo wa hlaba eBahala (eli iKiriyati-jeharim): 10 umkaulo wa zungeza eBahala, wa ya nga sentshonalanga entabeni iSehire, wa dhlula eceleni lentaba iJeharim nga senyakato (eli iKesalon), w'ehlela eBete-shemeshe, wa dhlula eTimna; 11 umkaulo wa ya eceleni la seEkron nga senyakato; umkaulo wa hlaba eShikeron, wa dhlulela entabeni iBahala, wa pumela eJabeneli; ukupumela kwomkaulo kwa ku solwandhle. 12 Umkaulo nga sentshonalanga wa u solwandhle olukulu nomkaulo walo. Yilo umkaulo waba kwa Juda inxa zonke, njengemindeni yabo.

13 Wa m nika uKalebi ka Jefune isabelo pakati kwaba kwa Juda njengezwi li ka Jehova ku Joshua, wa m nika iKiriyati-arba; uArba wa e nguyise ka Anaki (li iHebron). 14 UKalebi wa xosha kona amadodana amatatu ka Anaki: uSheshayi, noAhiman, noTalmayi, abantwana ba ka Anaki. 15 W'enyuka kona ukulwa nabantu ba seDebire: igama leDebire la li iKiriyati-sefere kuqala. 16 UKalebi wa ti, Lowo o cita iKiriyati-sefere, a li dhle, ngi ya kumnika uAkesa, indodakazi yami a be umkake. 17 UOteniyeli ka Kenazi, umfo wabo ka Kalebi, wa li dhla: wa m nika uAkesa indodakazi yake wa ba umkake. 18 Kwa ti ekufikeni kwake, wa m vusa ukuba a cele ku yise izwe: w'ehla embongolweni yake; uKalebi wa ti kuye, U tini na? 19 Wa ti, Ngi pe isibusiso; ngokuba u ngi nikile izwe la seNingizimu, ngi nike nemitombo yamanzi; wa m nika imitombo e senhla nemitombo e senzansi.

20 Yileli ifa lesizwe saba kwa Juda njengemindeni yabo.

21 Imizi e sekugcineni kwesizwe saba kwa Juda nga semkaulweni wa kwa Edom nga seNingizimu, ya i iKabezeli, neEdere, neJagure, 22 neKina, neDimona, neAdada, 23 neKedeshe, neHazore, neItenan, 24 neZifi, neTelem, neBehaloti, 25 neHazore-hadata, neKeriyoti-hezeron (li iHazore), 26 iAmam, neShema, neMolada, 27 neHazare-gada, neHeshmon, neBete-peleti, 28 neHazareshuwale, neBere-sheba, neBiziyotia, 29 iBahala, neIyim, neEzem, 30 neEltoladi, neKesili, neHorma, 31 neZikelage, neMademana, neSanesana, 32 neLebawoti, neShilehim, neAyin, neRimon; imizi yonke i ngamashumi amabili nesishiyangalolunye, nemizana yayo.

33 Kwela senzansi iEshtawoli, neZora, neAshna, 34 neZanoa, neEnganim, neTapua, neEnam, 35 iJarmuti, neAdulam, neSoko, neAzeka, 36 neSharayim, neAditayim, neGedera, neGederotayim; imizi e ishumi nane nemizana yayo.

37 IZenan, neHadasha, neMigedali-gadi; 38 neDilehan, neMizpe, neJoketeli, 39 iLakishe, neBozekati, neEgelon, 40 neKabon, neLamam, neKitilishe, 41 neGederoti, iBetedagon, neNahama, neMakeda; imizi e ishumi nesitupa nemizana yayo.

42 ILibena, neEtere, neAshan, 43 neIfeta, neAshna, neNezibe, 44 neKila, neAkezibe, neMaresha; imizi e isishiyangalolunye nemizana yayo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Imizi ya kwa Juda. Isabelo saba kwa Efrayim naba kwa Manase.

45 IEkron, nemizi yalo nemizana
yalo; 46 ku suka eEkron ku ze ku
fike elwandhle, yonke eya i nga se-
Ashdodi nemizana yayo.

47 iAshdodi, imizi yalo nemizana
yalo; iGaza, imizi yalo nemizana yalo;
ku ze ku fike emfulaneni wa sEgipite,
nolwandhle olukulu, nomkaulo walo.

48 Na sezintabeni, iShamire, neJa-
tire, neSoko, 49 neDana, neKiriyati-
sana (eli iDebire), 50 neAnabe, ne-
Eshtemo, neAnim, 51 neGoshen, ne-
Holon, neGilo; imizi e ishumi nanye
nemizana yayo.

52 IArabi, neDuma, neEshan, 53
neJanim, neBete-tapua, neAfeka, 54
neHumta, neKiriyati-arba (eli iHe-
bron), neZiore; imizi e isishiyanga-
lolunye nemizana yayo.

55 IMahon, iKarmeli, neZifi, ne-
Juta, 56 neJezereli, neJokedam, ne-
Zanowa, 57 iKayin, iGibeha, neTi-
mna, imizi e ishumi nemizana yayo.

58 IHalehuli, iBete-zuri, neGedo-
re, 59 neMarati, neBetanoti, ne-
Elitekon; imizi e isitupa nemizana
yayo.

60 IKiriyati-bale (eli iKiriyati-je-
harim), neRaba; imizi emibili nemi-
zana yayo.

61 Ehlane, iBetaraba, iMidin, ne-
Sekaka, 62 neNibeshan, nomuzi ka
Saoti, neEn-gedi, imizi e isitupa, ne-
mizana yayo.

63 Kodwa amaJebusi, abantu ba
seJerusalem, aba kwa Juda ba be nge
nakuwaxosha: amaJebusi akile eJeru-
salem naba kwa Juda ku ze ku be
namhla.

16 Ela dhliwa inkato yaba kwa
Josefa, la suka eJordan nga
seJeriko, emanzini a seJeriko, nga
sempumalanga ehlane, l'enyuka eJeri-
ko ezintabeni ukuya eBeteli; 2 la
suka eBeteli, la ya eLuze, la dhlulela
emkaulweni wamaArki eAtaroti; 3
l'ehlela nga sentshonalanga emkau-
lweni wamaJafeleti, la za la fika
emkaulweni wa seBete-horon la se-
nzansi, na seGezere; ukupumela
kwalo kwa ku selwandhle. 4 Aba
kwa Josefa, uManase noEfrayim, ba
li dhla ifa labo.

5 Umkaulo waba kwa Efrayim
njengemindeni yabo wa u nje: umkau-
lo wefa labo nga sempumalanga wa u
iAtaroti-adare, wa za wa fika eBete-
horon, la senhla; 6 umkaulo wa pu-
mela nga sentshonalanga eMikeme-
tati nga senyakato; umkaulo wa
zungeza wa ya nga sempumalanga
eTanati-shilo, wa li dhlula nga se-
mpumalanga kweJanowa; 7 w'ehla
eJanowa wa ya eAtaroti, na seNara,
wa finyelela eJeriko, wa pumela eJor-
dan. 8 Umkaulo wa suka eTapua
wa hamba nga sentshonalanga wa ya
emfuleni wa seKana; ukupumela
kwawo kwa ku selwandhle. Yileli ifa
lesizwe saba kwa Efrayim njengemi-
ndeni yabo; 9 kanye nayo imizi
ey'ahlukaniselwa aba kwa Efrayim
pakati kwefa laba kwa Manase, imizi
yonke nemizana yayo. 10 Kodwa a
ba wa xoshanga amaKanan akileyo
eGezere: kepa amaKanan akile pa-
kati kwamaEfrayim na namhla, a ba
izigqili ezi hxanyelwa umsebenzi.

17 Yileli ela dhliwa inkato yesi-
zwe sa kwa Manase; ngokuba
yena wa e izibulo li ka Josefa. UMa-
kiri pela izibulo li ka Manase, uyise
ka Giliyadi, ngokuba wa e ngumuntu
wokulwa, iGiliyadi neBashan la ba
elake. 2 Ngakoke kwa ba isabelo
sabanye ba kwa Manase njengemi-
ndeni yabo: esaba kwa Abiyezere,
nesaba kwa Heleki, nesaba kwa Asri-
yeli, nesaba kwa Shekem, nesaba kwa
Heferi, nesaba kwa Shemida: laba ba
be ngabantwana besilisa ba kwa Ma-
nase ka Josefa, njengemindeni yabo.
3 Kepa uZelofehadi ka Heferi ka Gi-
liyadi ka Makiri ka Manase wa e nge
namadodana, wa e namadodakazi
odwa: yilawa amagama amadodakazi
ake: uMala, noNowa, uHogela, uMi-
lika, noTirza. 4 Ba sondela pambi
ku ka Elazare umpristi, na pambi
ku ka Joshua ka Nun, na pambi
kwezikulu, ba ti, UJehova wa yala
uMoses ukuba a si nike ifa pakati
kwabafo wetu: ngako wa ba nika ifa
pakati kwabafo wabo ba ka yise nje-
ngezwi li ka Jehova. 5 UManase
w'abelwa iziqepu ezi ishumi, ngapa-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izabelo ezimbili zaba kwa Josefa. Ukwabiwa kwezwe eliseleyo.

ndhle kwezwe la kwa Giliyadi neBashan, eli ngapesheya kweJordan: **6** ngokuba amadodakazi ka Manase a ba nefa pakati kwamadodana ake. Izwe la kwa Giliyadi la ba elamanye amadodana ka Manase.

7 Umkaulo ka Manase wa suka eAsheri wa ya eMikemetati, eli ngapambi kweShekem; umkaulo wa hamba nga kwesokunene wa ya ku bantu ba seEntapua. **8** Izwe la seTapua la li eli ka Manase; kepa iTapua emkaulweni ka Manase la li elaba kwa Efrayim. **9** Umkaulo w'ehlela emfuleni wa seKana, nga seningizimu kwomfula: le mizi ya i eka Efrayim, pakati kwemizi ka Manase; umkaulo ka Manase wa u nga senyakato kwomfula; ukupumela kwawo kwa ku selwandhle: **10** nga seningizimu kwa ku eli ka Efrayim, nga senyakato kwa ku eli ka Manase: ulwandhle lwa lu umkaulo wake; ba finyelela kwa Asheri nga senyakato, na kwa Isakare nga sempumalanga. **11** Kwa Isakare na kwa Asheri, uManase wa e neBete-shehan nemizana yalo, neIbleyam nemizana yalo, nabantu ba seDori nemizana yalo nabantu ba seEn-dori nemizana yalo, nabantu ba seTanaki nemizana yalo, nabantu ba seMegido nemizana yalo, izimpakama ezintatu. **12** Noko aba kwa Manase ba be nge nakuxosha abantu ba leyo mizi; amaKanan a pikelela ukuhlala ku lelo zwe. **13** Kwa t'ubake, aba kwa Israeli ba qine, ba wa sebenzisa ngokuwahxamela amaKanan; a ba wa xoshanga nya.

14 Aba kwa Josefa ba kuluma ku Joshua, ba ti, Yini ukuba u ngi nike isabelo si be sinye, nesiqepu si be sinye, si be ifa lami, loku ngi isizwe esikulu, loku uJehova u ngi busisile ku ze ku be manje? **15** UJoshua wa ti kubo, Uma u isizwe esikulu suka u ye ehlatini, u zicabele kona ezweni lamaPerizi nelamaRefa, loku izintaba za kwa Efrayim zi ku nyinyile. **16** Aba kwa Josefa ba ti, Izintaba a zi s'anele; amaKanan onke akileyo ezweni lesigodi a nezinqolana zensimbi, lawo a seBete-shehan nemizana yalo, na lawo a sesigodini sa seJezereli. **17** UJoshua wa kuluma kwabendhlu ka Josefa, ku Efrayim na ku Manase, wa ti, U isizwe esikulu, u namandhla amakulu; a u yi kuba nasabelo sinye kupela: **18** kepa izintaba zi ya kuba ezako; noma zi ihlati, wo li caba, amapetelo alo o ba awako; ngokuba u ya kuxosha amaKanan, noma e nezinqolana zensimbi, noma e qinile.

18 Inhlangano yonke yaba kwa Israeli ya butana eShilo, ya misa kona itente lokuhlangana: izwe l'ahlulwa pambi kwabo. **2** Kwa sala kwaba kwa Israeli izizwe ezi isikombisa eza zi nga k'abelwa ifa lazo. **3** UJoshua wa ti kwaba kwa Israeli, Ni ya kuyeketisa ku ze ku be nini ukuya kulidhla izwe a ni nike lona uJehova, uNkulunkulu wa oyihlo? **4** Kipani kini amadoda a be matatu esizweni ngesizwe: ngi ya kuwatuma, a suke a hambe ezweni, a li bhale njengefa lazo, eze kimi. **5** A ya kulaba li be izabelo ezi isikombisa: uJuda a hlale emkaulweni wake nga seningizimu, abendhlu ka Josefa ba hlale emkaulweni wabo nga senyakato. **6** A no bhala izwe, ku be izabelo ezi isikombisa, ni ku lete lapa kimi; ngi n'enzele inkato lapa pambi ku ka Jehova uNkulunkulu wetu. **7** Ngoba abaLevi a ba naso isabelo pakati kwenu; ubupristi bu ka Jehova bu ifa labo: uGadi, noRuben, nenxenye yesizwe sa kwa Manase b'amkela ifa labo ngapesheya kweJordan nga sempumalanga, a ba nika lona uMoses inceku ka Jehova.

8 Lawo madoda esuka, a hamba: uJoshua wa wa yala ahambayo ukuba a bhale izwe, wa ti, Hambani ni ye ni li hambe izwe, ni li bhale, ni buyele kimi; ngi n'enzele inkato lapa pambi ku ka Jehova eShilo. **9** Lawo madoda a hamba, a dabula ezweni, a li bhala ngemizi, kwa ba izabelo ezi isikombisa encwadini; a fika ku Joshua ekamu eShilo. **10** UJoshua wa b'enzela inkato eShilo pambi ku ka Jehova; uJoshua wa b'abela kona

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izwe nemizi yaba kwa Benjamin; eyaba kwa Simeon noZebulun.

aba kwa Israeli izwe njengokwabelwa kwabo.

11 Inkato yesizwe saba kwa Benjamin ya dhla njengemindeni yabo: umkaulo wesabelo sabo wa puma pakati kwaba kwa Juda naba kwa Josefa. **12** Umkaulo wabo eceleni eli nga senyakato w'esuka eJordan; umkaulo w'enyukela nga seceleni kweJeriko nga senyakato, w'enyukela ezintabeni nga sentshonalanga; ukupumela kwawo kwa ku sehlane la seBetaven. **13** Umkaulo w'esuka lapo wa dhlulela nga seLuze, nga seceleni la seLuze (eli iBeteli), nga seningizimu; umkaulo w'ehlela eAtaroti-adare, nga sentabeni e nga seningizimu kweBete-horon la senzansi. **14** Umkaulo wa hlaba nga seningizimu, u zungeza eceleni eli nga sentshonalanga, u suka entabeni e ngapambi kwa seBete-horon nga seningizimu; ukupumela kwawo kwa ku seKiriyati-bale (eli iKiriyati-jeharim), umuzi waba kwa Juda; yileli icala la sentshonalanga. **15** Icala la seningizimu la suka ekugcineni kweKiriyati-jeharim; umkaulo wa pumela nga sentshonalanga, wa ya emtonjeni wamanzi a seNefetowa; **16** umkaulo w'ehlela ekugcineni kwentaba e ngapambi kwomhosha wendodana ka Hinom, o sesigodini samaRefa nga senyakato; w'ehlela emhosheni ka Hinom, eceleni la kwa Jebusi nga seningizimu, w'ehlela eEn-rogeli: **17** wa hlaba nga senyakato, wa pumela eEn-shemeshe, wa pumela eGeliloti, eli malungana nentuba yokwenyuka yeAdumim, w'ehlela etsheni li ka Bohan ka Ruben; **18** wa dhlula wa ya nga seceleni eli malungana neAraba nga senyakato, w'ehlela eAraba; **19** umkaulo wa dhlula wa ya eceleni kweBete-hogela nga senyakato; ukupumela kwomkaulo kwa ku setekwini la senyakato loLwandhle lu ka Saoti ekugcineni kweJordan nga seningizimu: yilo umkaulo wa seningizimu. **20** IJordan la li umkaulo walo eceleni eli nga sempumalanga. Yileli ifa laba kwa Benjamin ngemikaulo yalo inxa zonke, njengemindeni yabo.

21 Imizi yesizwe saba kwa Benjamin, njengemindeni yabo, ya i iJeriko, neBete-hogela, neEmeki-kezize, **22** neBetaraba, neZemarayim, neBeteli, **23** neAvim, nePara, neOfra, **24** neKefar-amoni, neOfeni, neGeba; imizi e ishumi nambili nemizaną yayo: **25** iGibeyon, neRama, neBeroti, **26** neMizpe, neKefira, neMoza, **27** neRekem, neIrpeli, neTarala, **28** neZela, neElefe, neJebusi (eli iJerusalem), neGibehati, neKiriyati; imizi e ishumi nane nemizana yayo. Yileli ifa laba kwa Benjamin njengemindeni yabo.

19 Inkato yesibili ya dhla uSimeon, sona isizwe saba kwa Simeon njengemindeni yabo: ifa labo la li ngapakati kwefa laba kwa Juda. **2** Ifa labo la li iBere-sheba, elokuti iSheba, neMolada, **3** neHazare-shuwali, neBahala, neEzem, **4** neEltoladi, neBetuli, neHorma, **5** neZikelage, neBete-markaboti, neHazare-susa, **6** neBete-lebawoti, neSharuhen; imizi e ishumi nantatu nemizana yayo: **7** iAyin, neRimon, neEtere, neAshan; imizi emine nemizana yayo: **8** nemizana yonke eya i haqe le mizi kwa za kwa fika eBalati-behere, iRama la seningizimu. Yileli ifa lesizwe saba kwa Simeon njengemindeni yabo. **9** Ifa laba kwa Simeon la vela esiqepwini saba kwa Juda; ngokuba isabelo saba kwa Juda sa si sikulu ku bona: ngako aba kwa Simeon ba dhla ifa pakati kwefa labo.

10 Inkato yesitatu ya dhla aba kwa Zebulun njengemindeni yabo; umkaulo wefa labo wa fika eSaridi; **11** umkaulo wabo w'enyukela nga sentshonalanga kwa ze kwa ba seMarala, wa finyelela eDabesheti; wa finyelela na semfuleni o ngapambi kweJokeneam; **12** wa buya eSaridi wa ya nga sempumalanga, la ku puma ngakona ilanga, wa ya emkaulweni wa seKiseloti-tabore, wa pumela eDaberati, w'enyukela eJafiya; **13** w'esuka lapo, wa dhlulela nga sempumalanga, wa ya eGati-heferi, na seEti-kazin; wa pumela eRimon eli ye li hlabe eNeha; **14** umkaulo wa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izwe laba kwa Isakare noAsheri, noNafetali noDan.

li zungeza nga senyakato, wa ya eHanaton; ukupumela kwawo kwa ku semhosheni wa seIfeta-eli, **15** neKatati, neNahalali, neShimron, neIdala, neBetelehem; imizi e ishumi nambili nemizana yayo. **16** Yileli ifa laba kwa Zebulun njengemindeni yabo, le mizi nemizana yalo.

17 Inkato yesine ya dhla uIsakare, aba kwa Isakare njengemindeni yabo. **18** Umkaulo wabo wa u seJezereli, na seKesuloti, na seShunem, **19** na seHafarayim, na seShihon, na seAnaharati, **20** na seRabiti, na seKishihon, na seEbeze, **21** na seRemeti, na seEnganim, na seEnhada, na seBete-pazeze; **22** umkaulo wa finyelela eTabore, na seShahazuma, na seBete-shemeshe; ukupumela kwomkaulo wabo kwa ku seJordan; imizi e ishumi nesitupa nemizana yayo. **23** Yileli ifa lesizwe saba kwa Isakare njengemindeni yabo, imizi nemizana yayo.

24 Inkato yesihlanu ya dhla isizwe saba kwa Asheri njengemindeni yabo. **25** Umkaulo wabo wa u iHelekati, neHali, neBeten, neAkeshafi, **26** neAlameleki, neAmadi, neMishali; wa finyelela eKarmeli nga sentshonalanga, na seShihore-libenati, **27** wa buya wa ya nga sempumalanga, eBete-dagon, wa finyelela kwa Zebulun, na semhosheni wa seIfetaeli nga senyakato ukuya eBete-emeki, neNeyeli, wa pumela eKabuli nga kwesokohlo, **28** na seEbron, na seRehobe, na seHamon, na seKana, wa za wa fika eSidon elikulu; **29** umkaulo wa buya wa ya eRama, na semzini obiyelweyo wa seTire; umkaulo wa buya wa ya eHosa; ukupumela kwawo kwa ku selwandhle esifundeni sa seAkezibe, **30** na seUma, neAfeki, neRehobe; imizi e ngamashumi amabili nambili nemizana yayo. **31** Yileli ifa lesizwe saba kwa Asheri njengemindeni yabo, le mizi nemizana yayo.

32 Inkato yesitupa ya dhla aba kwa Nafetali, aba kwa Nafetali njengemindeni yabo. **33** Umkaulo wabo wa suka eHelefe na kuwo umoki eZananim, na seAdami-nekebe, na seJabeneli, wa za wa fika eLakum; ukupumela kwawo kwa ku seJordan; **34** umkaulo wa buya wa ya nga sentshonalanga, eAzenoti-tabore, w'esuka lapo wa ya eHukoki, wa finyelela eZebulun nga seningizimu, wa finyelela eAsheri nga sentshonalanga, na kwa Juda eJordan nga sempumalanga. **35** Imizi ebiyelweyo ya i iZidim, neZere, neHamati, neRakati, neKinereti, **36** neAdama, neRama, neHazore, **37** neKedeshe, neEdreyi, neEn-hazore, **38** neIron, neMigedali-eli, neHorem, neBete-anati, neBete-shemeshe; imizi e ishumi nesishiyangalolunye nemizana yayo. **39** Yileli ifa lesizwe saba kwa Nafetali njengemindeni yabo, imizi nemizana yayo.

40 Inkato yesikombisa ya dhla isizwe saba kwa Dan njengemindeni yabo. **41** Umkaulo wefa labo wa u iZora, neEshtawoli, neIre-shemeshe, **42** neShalabin, neAjalon, neItela, **43** neElon, neTimna, neEkron, **44** neEleteke, neGibeton, neBahalati, **45** neJehudi, neBene-beraki, neGati-rimon, **46** neMe-jarkon, neRakon, kanye nomkaulo malungana neJopa. **47** Umkaulo waba kwa Dan wa pumela ngapambili kwabo; ngoba aba kwa Dan b'enyuka, ba hlasela eLeshem, ba li dhla, ba li cita ngobukali benkemba, ba li tata, b'aka kulo, ba qamba iLeshem ngokuti iDan ngegama li ka Dan, uyise. **48** Yileli ifa lesizwe saba kwa Dan njengemindeni yabo, le mizi nemizana yayo.

49 Ba qedake ukulaba izwe li be ifa ngemikaulo yalo; aba kwa Israeli ba m nika uJoshua ka Nun ifa pakati kwabo: **50** njengezwi li ka Jehova ba m nika umuzi awucelayo, iTimnati-sera, ezintabeni za kwa Efrayim; w'aka umuzi, wa hlala kuwo.

51 Yilawa amafa, uElazare umpristi, noJoshua ka Nun, nezinhloko zezindhlu za oyise zezizwe zaba kwa Israeli, abawabayo ngenkato a be ifa, eShilo pambi ku ka Jehova, emnyangо wetente lokuhlangana. Ba qedake ukulaba izwe.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Imizi yokupepela. Imizi yabaLevi.

20 UJehova wa kuluma ku Joshua, wa ti, **2** Kuluma kwaba kwa Israeli, u ti, Zimiseleni imizi yokupepela, enga kuluma ngayo kini ngoMoses, **3** ukuba umbulali o bulala umuntu ngesiposiso na ngokungazeleli a balekele kuyo: i ya kuba izindawo zenu okupepela umpindisi wegazi. **4** U ya kubalekela komunye wa leyo mizi, eme nga sentubeni yesango lomuzi, a kulume indaba yake ezindhlebeni zamalunga a lowo muzi; a ya kumamkela emzini kuwo, a m nike indawo ukuba a hlale nawo. **5** Nxa umpindisi wegazi e m landela ka ba nga m kapeli esandhleni sake umbulali; ngokuba u m bulele umakelwane wake ngokungazeleli, u be kade e nga m zondi. **6** U ya kuhlala ku lowo muzi a ze eme pambi kwenhlangano ukuba ku tetwe icala, ku ze ku fe umpristi omkulu o ya kuba kona nga lezo zinsuku; konake umbulali u ya kubuya a ye emzini wa kubo, na sendhlini yake, emzini a baleka kuwo.

7 Ba se be ngcwelisa iKedeshe eGalile ezintabeni za kwa Nafetali, neShekem ezintabeni za kwa Efrayim, neKiriyati-arba (eli iHebron) ezintabeni za kwa Juda; **8** na ngapesheya kweJordan eJeriko, nga sempumalanga, ba misa iBezere ehlane enkangala esizweni sa kwa Ruben, neRamoti eGiliyadi esizweni sa kwa Gadi, neGolan eBashan esizweni sa kwa Manase. **9** Yile imizi eya miselwa aba kwa Israeli bonke, nowezizwe ote gozololo pakati kwabo, ukuba o bulele umuntu ngesiposiso a balekele kona, a nga fi ngesandhla sompindisi wegazi, a ze eme pambi kwenhlangano.

21 Kwa se ku sondela izinhloko zezindhlu za oyise zabaLevi ku Elazare umpristi, na ku Joshua ka Nun, na kuzo izinhloko zezindhlu za oyise zezizwe zaba kwa Israeli; **2** za kuluma kubo eShilo ezweni la kwa Kanan, za ti, UJehova wa yala ngaye uMoses ukuba si piwe imizi, si hlale kuyo, namadhlelo ayo a be awezinkomo zetu. **3** Aba kwa Israeli ba se be nika abaLevi efeni labo le mizi namadhlelo ayo njengezwi li ka Jehova.

4 Inkato ya dhla imindeni yamaKohati; aba kwa Aron, umpristi, aba be abaLevi, b'abelwa ngenkato esizweni sa kwa Juda, na sesizweni samaSimeon, na sesizweni sa kwa Benjamin, imizi e ishumi nantatu.

5 Abaseleyo kwaba kwa Kohati b'abelwa ngenkato emindenini yesizwe sa kwa Efrayim, na sesizweni sa kwa Dan, na kuyo inxenye yesizwe sa kwa Manase, imizi e ishumi.

6 Aba kwa Gershon b'abelwa ngenkato emindenini yesizwe sa kwa Isakare, na sesizweni sa kwa Asheri, na sesizweni sa kwa Nafetali, na kuyo inxenye yesizwe sa kwa Manase eBashan, imizi e ishumi nantatu.

7 Aba kwa Merari ngemindeni yabo b'abelwa esizweni sa kwa Ruben, na sesizweni sa kwa Gadi, na sesizweni sa kwa Zebulun, imizi e ishumi nambili.

8 Aba kwa Israeli ba ba nika abaLevi ngenkato le mizi namadhlelo ayo, njengokuyala ku ka Jehova ngoMoses. **9** Ba ba nika esizweni saba kwa Juda, na sesizweni saba kwa Simeon, le mizi e shiwo lapa ngamagama: **10** ya ba eyaba kwa Aron, bemindeni yamaKohati, aba be aba kwa Levi; ngokuba inkato yokuqala ya i ngeyabo. **11** Ba ba nika iKiriyati-arba, uArba wa e nguyise ka Anaki (li iHebron), ezintabeni za kwa Juda, namadhlelo alo a nga kulo. **12** Kepa amasimu omuzi nemizana yawo ba ku nika uKalebi ka Jefune, ku be ifa lake.

13 Ba ba nika aba kwa Aron umpristi iHebron namadhlelo alo, umuzi wokupepela wombulali, neLibena namadhlelo alo, **14** neJatire namadhlelo alo, neEshtemowa namadhlelo alo, **15** neHolon namadhlelo alo, neDebire namadhlelo alo, **16** neAyin namadhlelo alo, neJuta namadhlelo alo, neBete-shemeshe namadhlelo alo, imizi e isishiyangalolunye ku lezo zizwe ezimbili. **17** Na sesizweni sa kwa Benjamin iGibeyon

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Imizi yabaLevi. Ku buya aba pesheya kweJordan.

namadhlelo alo, neGeba namadhlelo alo, **18** neAnatoti namadhlelo alo, neAlemon namadhlelo alo; imizi emine. **19** Imizi yonke yaba kwa Aron, abapristi, ya i imizi e ishumi nantatu namadhlelo ayo.

20 Imindeni yaba kwa Kohati, abaLevi, abaseleyo kwaba kwa Kohati, ba tola imizi yesabelo sabo esizweni sa kwa Efrayim. **21** Ba ba nika iShekem namadhlelo alo ezintabeni za kwa Efrayim, umuzi wokupepela wombulali, neGezere namadhlelo alo, **22** neKibezayim namadhlelo alo; neBete-horon namadhlelo alo; imizi emine; **23** na sesizweni sa kwa Dan, iEleteke namadhlelo alo, neGibeton namadhlelo alo, **24** iAjalon namadhlelo alo, neGati-rimon namadhlelo alo; imizi emine; **25** na kuyo inxenye yesizwe sa kwa Manase, iTanaki namadhlelo alo, neGati-rimon namadhlelo alo; imizi emibili. **26** Imizi yonke yemindeni yaba kwa Kohati abaseleyo ya i ishumi namadhlelo ayo.

27 Na kuyo inxenye yesizwe sa kwa Manase, ba ba nika aba kwa Gershon bemindeni yabaLevi, iGolan eli seBashan namadhlelo alo, umuzi wokupepela wombulali, neBe-eshtera namadhlelo alo; imizi emibili; **28** na sesizweni sa kwa Isakare, iKishihon namadhlelo alo, neDaberati namadhlelo alo, **29** neJarmuti namadhlelo alo, neEn-ganim namadhlelo alo, imizi emine; **30** na sesizweni sa kwa Asheri, iMishali namadhlelo alo, neAbedon namadhlelo alo, **31** neHelekati namadhlelo alo, neRehobe namadhlelo alo; imizi emine; **32** na sesizweni sa kwa Nafetali, iKedeshe eli seGalile, namadhlelo alo, umuzi wokupepela wombulali; neHamotidori namadhlelo alo, neKaretan namadhlelo alo; imizi emitatu. **33** Imizi yonke yamaGershon, njengemindeni yawo, ya i imizi e ishumi nantatu namadhlelo ayo.

34 Na sesizweni sa kwa Zebulun ba yi nika imindeni yaba kwa Merari, abaseleyo ku baLevi, iJokeneam namadhlelo alo, neKareta namadhlelo alo, **35** neDimna namadhlelo alo, neNahalali namadhlelo alo; imizi emine; **36** na sesizweni sa kwa Ruben, iBezere namadhlelo alo, neJahaze namadhlelo alo, **37** neKedemoti namadhlelo alo, neMefati namadhlelo alo, imizi emine; **38** na sesizweni sa kwa Gadi, iRamoti eli seGiliyadi namadhlelo alo, umuzi wokupepela wombulali, neMahanayim namadhlelo alo, **39** neHeshbon namadhlelo alo, neJazeri namadhlelo alo; i yonke i imizi emine. **40** Le yonke ya i imizi yaba kwa Merari njengemindeni yabo, yona imindeni eseleyo yabaLevi; inkato yabo ya dhla imizi e ishumi nambili.

41 Imizi yonke yabaLevi e pakati kwefa laba kwa Israeli ya i imizi e ngamashumi amane nesishiyangalombili namadhlelo ayo. **42** Le mizi yonke ya i namadhlelo nga kuyo, kwa ku njalo kuyo yonke le mizi.

43 UJehova wa m nikake uIsraeli izwe lonke a e li fungele ukubanika lona oyise; ba li dhla b'aka kulo. **44** UJehova wa ba pumuza inxa zonke, njengako konke a be ku fungele koyise: kwa ku ngeko muntu eziteni zonke zabo ow'ema pambi kwabo; uJehova wa kapela izita zabo zonke esandhleni sabo. **45** A ku putanga uto kuko konke okuhle akukulumayo uJehova kwabendhlu ka Israeli; kw'enzeka konke.

22 UJoshua wa e se biza ama-Ruben, namaGadi, nenxenye yesizwe sa kwa Manase, **2** wa ti kubo, Ni gcinile konke a ni yala ngako uMoses inceku ka Jehova, ni lalele izwi lami ngako konke engi ni yale ngako; **3** a ni shiyanga abafo wenu nga lezi zinsuku eziningi ku ze ku be namhla, kepa ni londile isilondolozelo somyalo ka Jehova uNkulunkulu wenu. **4** Manje uJehova uNkulunkulu wenu u pumuzile abafo wenu, njengokukuluma kwake kubo: ngako buyani, ni ye ematenteni enu, ezweni lefa lenu, a ni nika lona uMoses inceku ka Jehova pesheya kweJordan. **5** Kepa qapelani kahle ukuba n'enze umyalo nomteto, a ni yala

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Baka ilati, ku cunuka abaIsraeli.

ngawo uMoses inceku ka Jehova, ukuba ni tande uJehova uNkulunkulu wenu, ni hambe ngezindhlela zake zonke, ni gcine imiyalo yake, ni namatele kuye, ni m konze ngenhliziyo yonke yenu, na ngompefumulo wonke wenu. **6** UJoshua wa e se ba busisa, wa ba mukisa; ba ya ematenteni abo.

7 UMoses wa e nike inxenye yesizwe sa kwa Manase ifa eBashan; kepa uJoshua wa nika inxenye yaso ifa pakati kwabafo wabo ngapesheya kweJordan nga sentshonalanga. Futi uJoshua e se ba mukisa ukuba ba ye ematenteni abo, wa ba busisa, **8** wa kuluma kubo, wa ti, Buyelani ematenteni enu ni nengcebo eningi, nemfuyo eningi kakulu, nesiliva, negolide, netusi, nensimbi, nezingubo eziningi: yabelanani nabafo wenu impango yezita zenu. **9** Aba kwa Ruben, naba kwa Gadi, nenxenye yesizwe sa kwa Manase, ba buya, b'emuka kwaba kwa Israeli eShilo, eli sezweni la kwa Kanan, ukuya ezweni la kwa Giliyadi, ezweni lefa labo, aba be li zuzile njengezwi li ka Jehova ngo-Moses.

10 Se be fikile esifundeni sa seJordan, esi sezweni la kwa Kanan, aba kwa Ruben, naba kwa Gadi, nenxenye yesizwe sa kwa Manase, b'aka kona nga seJordan ilati elikulu ukubonakala kwalo. **11** Aba kwa Israeli b'ezwa ku tiwa, Bheka, aba kwa Ruben, naba kwa Gadi, nenxenye yesizwe sa kwa Manase b'akile ilati malungana nezwe la kwa Kanan, esifundeni sa seJordan ngapesheya nga kwaba kwa Israeli. **12** Aba kwa Israeli se be zwile loko, inhlangano yonke yaba kwa Israeli ya butana eShilo, ukuba ba ba hlasele.

13 Aba kwa Israeli ba tuma kwaba kwa Ruben, na kwaba kwa Gadi, na kuyo inxenye yesizwe sa kwa Manase, ezweni la kwa Giliyadi, uFinehasi ka Elazare, umpristi, **14** nezikulu ezi ishumi kanye naye, isikulu nga sinye ngendhlu ka yise kuzo zonke izizwe za kwa Israeli; kwa ba ileso si inhloko yendhlu ka yise ezinkulungwaneni za kwa Israeli. **15** Ba fika kwaba kwa Ruben, na kwaba kwa Gadi, na kuyo inxenye yesizwe sa kwa Manase, ezweni la kwa Giliyadi, ba kuluma nabo, ba ti, **16** I sho loku inhlangano yonke ka Jehova, i ti, Ukupambuka kuni loku eni pambuka ngako ku Nkulunkulu ka Israeli ukuba ni buye namhla ekumlandeleni uJehova, ngokuzakela kwenu ilati, ni hlubuke ku Jehova namhla? **17** Ububi bu ka Pehore bu ncane yini kitina esi nga ka hlambululeki kubo na namhla, noma kwa ba kona isifo pezu kwenhlangano ka Jehova, **18** loku ni buye namhla ekumlandeleni uJehova? Ku zo ti, loku ni hlubuka ku Jehova namhla, ngomso a tukutelele inhlangano yonke ya kwa Israeli. **19** Uma kanti izwe lefa lenu li ngcolile, welani ni ye ezweni lefa li ka Jehova, lapo li hlala kona itabanekele li ka Jehova, ni be nezwe pakati kwetu; kepa ni nga hlubuki ku Jehova, ni nga hlubuki na kitina, ngokwaka ilati ngapandhle kwelati li ka Jehova uNkulunkulu wetu. **20** Angiti uAkan ka Zera wa pambuka ngento eyahlukaniselwa ngokulokotelwa, kwa ba kona ulaka pezu kwenhlangano yonke ya kwa Israeli na? ka fanga yedwa lowo muntu ebubini bake.

21 Ba pendula aba kwa Ruben, naba kwa Gadi, nenxenye yesizwe sa kwa Manase, ba kuluma ezinhlokweni zezinkulungwane za kwa Israeli, ba ti, **22** UNkulunkulu wa onkulunkulu, uJehova, uNkulunkulu wa onkulunkulu, uJehova, u y'azi yena, no-Israeli u ya kwazi: uma ku ukuhlubuka, noma ku ukupambuka ku Jehova (u nga si sindisi namhla), **23** uma sake ilati ukuba si buye ekumlandeleni uJehova; nokuba si nikele kulo umnikelo oshiswayo, nomnikelo wempupu, nokuba si nikele kulo imihlatshelo yeminikelo yokutula, ka bize loko uJehova ngokwake; **24** uma si ng'enzanga loku ngokupiseka na ngesici, si ti, Ngesikati esizayo abantwana benu ba nga ze ba sho ku bantwana betu, ba ti, Ni na

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

msebenzi muni ku Jehova, uNkulunkulu ka Israeli? **25** ngokuba uJehova wenzile iJordan li be umkaulo pakati kwetu nani, nina ba kwa Ruben naba kwa Gadi; a ni na sabelo ku Jehova; abantwana benu ba buyise abantwana betu ba nga be be sa m esaba uJehova. **26** Ngako sa ti, Ma si z'enzele si z'akele ilati, li nga bi elomnikelo oshiswayo nelomhlatshelo: **27** kepa a li be ufakazi pakati kwetu nani, na pakati kwezizukulwane zetu emva kwetu, ukuba s'enze inkonzo ka Jehova pambi kwake ngeminikelo yetu eshiswayo na ngemihlatshelo yetu, na ngeminikelo yetu yokutula; ukuze abantwana benu ba nga sho ku bantwana betu ngesikati esizayo, ukuti, A ni na sabelo ku Jehova. **28** Ngakoke si te, Ko ti, nxa be sho loku kitina na kuzo izizukulwane zetu ngesikati esizayo, be se si ti, Bhekani umfanekiso welati li ka Jehova, abalenzayo obaba, li nge eleminikelo eshiswayo nelemihlatshelo; li ufakazi pakati kwetu nani. **29** A ku be kude nati ukuba si hlubuke ku Jehova, si buye namhla ekumlandeleni uJehova, ngokwaka ilati leminikelo eshiswayo, neminikelo yempupu, nemihlatshelo, ngapandhle kwelati li ka Jehova uNkulunkulu wetu, eli ngapambi kwetabanekele lake.

30 Kwa ti uFinehasi umpristi, nezikulu zenhlangano, izinhloko zezinkulungwane za kwa Israeli eza zi naye, se zi zwile amazwi abawakulumayo aba kwa Ruben, naba kwa Gadi, naba kwa Manase, kwa ba kuhle kubo. **31** UFinehasi ka Elazare umpristi, wa ti kwaba kwa Ruben, na kwaba kwa Gadi, na kwaba kwa Manase, Namhla si y'azi ukuti uJehova u kona pakati kwetu, ngokuba a n'enzanga loku ni pambuka ku Jehova; se n'opule aba kwa Israeli esandhleni si ka Jehova. **32** UFinehasi ka Elazare umpristi, nezikulu, ba buya kwaba kwa Ruben na kwaba kwa Gadi, ezweni la kwa Giliyadi, ba ya ezweni la kwa Kanan, kwaba kwa Israeli, ba ba buyisela izwi. **33** Leyo nto ya banhle kwaba kwa Israeli; aba kwa Israeli ba bonga uNkulunkulu; a ba be be sa kuluma ukuti ba za kwenyuka ba ba hlasele, ukuba ba cite izwe aba be hlezi kulo aba kwa Ruben, naba kwa Gadi. **34** Aba kwa Ruben naba kwa Gadi ba qamba ilati ba ti iEde be ti, Yilona ufakazi pakati kwetu wokuti uJehova u nguNkulunkulu.

23 Kwa ti emva kwezinsuku eziningi, uJehova e se ba pumuzile aba kwa Israeli eziteni zonke zabo inxa zonke, uJoshua e se gugile e neminyaka emininginingi: **2** uJoshua wa biza uIsraeli wonke, amalunga abo, nezinhloko zabo, nabahluli babo nezinduna zabo, wa ti kubo, Se ngi gugile, ngi neminyaka emininginingi: **3** ni bonile konke uJehova uNkulunkulu wenu akwenzileyo kuzo zonke lezi zizwe ngenxa yenu; ngokuba ku nguJehova uNkulunkulu wenu onilweleyo. **4** Bhekani ngi n'abele lezi zizwe eziseleyo zi be ifa lezizwe zenu, ku suka eJordan, kanye nezizwe zonke engizinqumileyo, ku ze ku fike elwandhle olukulu nga sentshonalanga. **5** UJehova uNkulunkulu wenu u ya kuzihlohloloza pambi kwenu, a zi xoshe emehlweni enu; ni ya kudhla izwe lazo, njengokukuluma ku ka Jehova uNkulunkulu wenu kini. **6** Yimani isibindi kakulu ukuba ni gcine n'enze konke okulotshiweyo encwadini yomteto ka Moses, ukuba ni nga pambuki kuwo ukuya na nga kwesokunene na nga kwesokohlo; **7** ukuba ni nga yi ku lezi zizwe, lezi eziseleyo pakati kwenu; ni nga hlabezi igama la onkulunkulu bazo, ni nga ba fungi, ni nga ba konzi, ni nga ba kotameli; **8** kepa namatelani ku Jehova uNkulunkulu wenu, njengaloku n'enzile ku ze ku be namhla. **9** Ngoba uJehova u xoshile pambi kwenu izizwe ezikulu nezi namandhla: kepa nina a ku manga muntu pambi kwenu ku ze ku be namhla. **10** Umuntu e munye wa kini u ya kuxosha inkulungwane; ngokuba uJehova uNkulunkulu wenu uyena onilwelayo, njengokukuluma kwake kini. **11** Qapelani ka-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku vuswa isivumelwano eShekem.

hle ukuba ni m tande uJehova uNkulunkulu wenu. 12 Ngokuba uma ni ke na buyela emva, na namatela ku lezi zizwe eziseleyo, zona lezi eziseleyo pakati kwenu, n'endiselana nazo, na ngena kuzo nazo za ngena kini; 13 yazini impela ukuti, uJehova uNkulunkulu wenu ka yi kupinda a xoshe lezi zizwe emehlweni enu; zi ya kuba ugibe nesihibe kini, noswazi ezinhlangotini zenu, nameva emehlweni enu, ni ze ni bube ku leli zwe elihle a ni nike lona uJehova uNkulunkulu wenu.

14 Bhekani, namhla ngi hamba ngendhlela yomhlaba wonke: ni y'azi ngezinhliziyo zonke zenu, na ngemipefumulo yonke yenu, ukuti a ku putanga neyodwa into yezinto zonke ezinhle azikulumayo ngani uJehova uNkulunkulu wenu; konke kwenzekile kini; a ku putanga neyodwa into kuzo. 15 Ko ti njengaloku kwenzekile okuhle konke akukulumayo kini uJehova uNkulunkulu wenu, ku njalo uJehova u ya kunehlisela okubi konke, a ze a ni shabalalise ku leli zwe elihle a ni nike lona uJehova uNkulunkulu wenu. 16 Nxa n'eqa isivumelwano si ka Jehova uNkulunkulu wenu, a ni yala ngaso, ni ye ni konze abanye onkulunkulu, ni ba kotamele; ulaka lu ka Jehova lu ya kunivutela, ni bube masinyane ezweni elihle a ni nike lona.

24 UJoshua wa butela izizwe zonke za kwa Israeli eShekem, wa biza amalunga a kwa Israeli, nezinhloko zabo, nabahluli babo, nezinduna zabo, b'ema pambi ku ka Nkulunkulu. 2 UJoshua wa ti ku bantu bonke, U sho uJehova uNkulunkulu wa kwa Israeli, u ti, Oyihlo ba hlala ngapesheya kwomFula endulo, uTera, uyise ka Abraham, noyise ka Nahori; ba konza abanye onkulunkulu. 3 Nga tabata uyihlo uAbraham ngapesheya kwomfula, nga m hambisa ezweni lonke la kwa Kanan, ng'andisa inzalo yake, nga m nika uIsaka. 4 Nga nika uIsaka uJakobe noEsau: nga nika uEsau intaba iSehire ukuba i be eyake; uJakobe nabantwana bake b'ehlela Egipite. 5 Nga tuma uMoses no-Aron, nga hlupa iGipite njengaloko engakwenzayo pakati kwalo: ngasemva kwa loko nga ni kipa. 6 Nga kipa oyihlo Egipite: na fika elwandhle; aba sEgipite ba landela oyihlo ngezinqolana zempi na ngabakwel'amahashi ba za ba fika eLwandhle oluBomvu. 7 Ba kala ku Jehova, wa beka ubumnyama pakati kwenu naba sEgipite, wa yisa ulwandhle pezu kwabo, wa ba sibekela; amehlo enu a bona loko engakwenzayo Egipite: na hlala ehlane izinsuku eziningi. 8 Nga ni yisa ezweni lamaAmori, akileyo pesheya kweJordan: a lwa nani; nga wa kapela esandhleni senu; na dhla izwe lawo; nga wa shabalalisa pambi kwenu. 9 Kwa se ku suka uBalaki ka Zipore, inkosi ya seMoabe, wa lwa noIsraeli: wa tuma wa biza uBalam ka Behore ukuba a ni qalekise; 10 kodwa a ngi vumanga ukumlalela uBalam; ngako wa zinga e ni busisa: nga n'opula esandhleni sake. 11 Na wela iJordan, na fika eJeriko: abantu ba seJeriko ba lwa nani, amaAmori, namaPerizi, namaKanan, namaHiti, namaGirgashi, namaHivi, namaJebusi; nga ba kapela esandhleni senu. 12 Nga tuma iminyovu pambi kwenu; ya xosha pambi kwenu amakosi amabili ama-Amori; ku nge ngankemba yako, ku nge ngamnsalo wako. 13 Nga ni nika izwe eni nga li julukelanga, nemizi eni nga yakanga, se ni hlala kuyo; nezivini neminqumo eni nga yi tshalanga ni ya yi dhla.

14 Kalokuke yesabani uJehova, ni m konze ngokupelela na ngeqiniso; ni suse onkulunkulu ababakonzayo oyihlo ngapesheya kwomFula, na sEgipite; ni konze uJehova. 15 Kepa uma ku kubi kini ukumkonza uJehova, ketani namhla lowo eni ya kumkonza; noma onkulunkulu aba be ngapesheya kwomFula ababakonzayo oyihlo, noma onkulunkulu bama-Amori, eni hlezi ezweni lawo: kepa mina nendhlu yami si ya kukonza uJehova.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Isivumelwano. Ukufa ku ka Joshua noElazare.

16 Abantu ba pendula ba ti, A ku be kude kitina ukumshiya uJehova, si konze abanye onkulunkulu; 17 ngokuba uJehova uNkulunkulu wetu nguyena owa s'enyusa tina na obaba ezweni la sEgipite, endhlini yobugqili, owazenzayo pambi kwamehlo etu lezo zibonakaliso ezinkulu, wa si londoloza endhleleni yonke esa hamba ngayo, na sezizweni zonke esa dabula pakati kwazo; 18 uJehova wa xosha pambi kwetu abantu bonke, namaAmori a e hlala ezweni: ngako nati si ya kumkonza uJehova; ngoba yena u nguNkulunkulu wetu.

19 UJoshua wa ti ku bantu, Ni nge m konze uJehova; ngokuba u nguNkulunkulu ongcwele yena; u nguNkulunkulu o nesikwele; a ka yi kunitetelela ukupambuka kwenu, nezono zenu. 20 Uma ni m shiya uJehova ni konze onkulunkulu babezizwe, u ya kubuya, a n'enzele okubi, a ni qede, e se n'enzele okuhle. 21 Abantu ba ti ku Joshua, Ayi, kepa si ya kumkonza uJehova. 22 UJoshua wa ti ku bantu, Ni ngofakazi nina bokuti ni m ketile uJehova ukuba ni m konze. Ba se be ti, Si ngofakazi. 23 Wa ti, Manjeke susani onkulunkulu babezizwe aba kona pakati kwenu, ni bhekise izinhliziyo ku Jehova uNkulunkulu ka Israeli. 24 Abantu ba ti ku Joshua, Si ya kumkonza uJehova uNkulunkulu wetu, si lalele izwi lake. 25 UJoshua w'enza isivumelwano nabantu nga lolo suku, wa ba misela isimiso nesiko eShekem. 26 UJoshua wa loba lawa mazwi encwadini yomteto ka Nkulunkulu; wa tabata itshe elikulu, wa li misa kona pansi kwomoki o sendaweni engcwele ka Jehova. 27 UJoshua wa ti ku bantu bonke, Bhekani, leli tshe, li ya kuba ufakazi ngati; ngokuba li zwile amazwi onke ka Jehova, awakulumileyo kiti: li ya kuba ufakazi ngani, funa ni pike uNkulunkulu wenu. 28 UJoshua wa e se ba mukisa abantu, kwa ilowo wa ya efeni lake.

29 Kwa ti emva kwa lezi zinto uJoshua ka Nun, inceku ka Jehova, wa fa, e neminyaka e ikulu neshumi. 30 Ba m mbela emkaulweni wefa lake eTimnati-sera, eli sezintabeni za kwa Efrayim, nga senyakato kwentaba iGahashe nga senyakato. 31 UIsraeli wa konza uJehova izinsuku zonke zi ka Joshua, nezinsuku zonke zamalunga asalayo emva ku ka Joshua, a be w'azi umsebenzi wonke ka Jehova, a be e w'enzele uIsraeli.

32 Amatambo ka Josefa, ab'enyuka nawo Egipite aba kwa Israeli, ba wa mbela eShekem, esiqepwini sezwe alitengayo uJakobe ku madodana ka Hamori, uyise ka Shekem, ngezinhlamvu zemali ezi ikulu: kwa ba ifa laba kwa Josefa. 33 Wa fa noElazare ka Aron; ba m mbela egqumeni li ka Finehasi, indodana yake, a be nikiwe lona ezintabeni za kwa Efrayim.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

YABAHLULI

Ku dhliwa imizi etile yezwe.

1 Kwa ti emva kwokufa ku ka Joshua, aba kwa Israeli ba buza uJehova, ba ti, Ubani o ya kusiqalela ukwenyuka ukuya kumaKanan ukulwa nawo? 2 UJehova wa ti, Ku za kwenyuka uJuda; bheka, ngi li kapele izwe esandhleni sake. 3 UJuda wa ti ku Simeon umfo wabo, Yenyuka nami si ye esabelweni sami, si lwe namaKanan; nami futi ngi za kuya nawe esabelweni sako. USimeon wa s'e hamba naye. 4 UJuda w'enyuka; uJehova wa kapela amaKanan namaPerizi esandhleni sabo: ba bulala kuwo eBezeki abantu aba izinkulungwane ezi ishumi. 5 Ba fumana uAdoni-bezeki eBezeki; ba lwa naye, ba bulala amaKanan namaPerizi. 6 Kepa uAdoni-bezeki wa baleka; ba m landela, ba m bamba, ba m nquma izitupa na oqukulu. 7 UAdoni-bezeki wa ti, Amakosi a ngamashumi a isikombisa, e nqunyiwe izitupa na oqukulu, a cosha ukudhla kwawo pansi kwetafula lami: njengaloku ng'enzile uNkulunkulu u pindisile kimi ngokunjalo. Ba m yisa eJerusalem, wa fela kona.

8 Aba kwa Juda ba lwa neJerusalem, ba li dhla, ba li cita ngobukali benkemba, ba tungela umuzi ngomlilo. 9 Ba se b'ehla aba kwa Juda ukulwa namaKanan a be akile ezintabeni, na seNingizimu, na sezansi. 10 UJuda wa hlasela kuwo amaKanan a be akile eHebron (kepa igama leHebron la li iKiriyati-arba kuqala); ba bulala uSheshayi, noAhiman, noTalmayi.

11 W'esuka kona wa yo kulwa nabantu ba seDebire. (Igama leDebire la li iKiriyati-sefere kuqala). 12 UKalebi wa ti, Lowo o cita iKiriyati-sefere, a li dhle, ngi ya kumnika uAkesa indodakazi yami a be umkake. 13 UOteniyeli ka Kenazi umnawe ka Kalebi, wa li dhla: wa m nika uAkesa indodakazi yake, wa ba umkake. 14 Kwa ti, ekufikeni kwake wa m vusa ukuba a cele ku yise izwe: w'ehla embongolweni yake; uKalebi wa ti kuye, U tini na? 15 Wa ti kuye, Ngi pe isibusiso, ngokuba u ngi nikile izwe la seNingizimu, ngi nike nemitombo yamanzi. UKalebi wa e se m nika imitombo e senhla nemitombo e senzansi.

16 Aba kwa Keni, umkwe ka Moses, b'enyuka be puma emzini wamasundu naba kwa Juda, ba ya ehlane la kwa Juda eli nga seningizimu kwa seAradi; ba ya ba hlala nabantu. 17 UJuda wa hamba noSimeon umfo wabo, ba bulala amaKanan akileyo eZefati, ba li shaya ba li bhuqa. Igama lomuzi la tiwa iHorma. 18 UJuda futi wa dhla iGaza nomkaulo walo, neAshkelon nomkaulo walo, neEkron nomkaulo walo. 19 UJehova wa e naye uJuda, wa xosha abakileyo ezintabeni; ngokuba wa e nge na kuxosha abakileyo esigodini, ngokuba ba be nezinqolana zempi zensimbi. 20 Ba m nika uKalebi iHebron, njengokukuluma ku ka Moses: wa xosha kona amadodana amatatu ka Anaki. 21 Aba kwa Benjamin a ba wa xoshanga amaJebusi akileyo eJerusalem; amaJebusi a hlala naba kwa Benjamin eJerusalem na namhla.

22 Indhlu ka Josefa nayo y'enyukela eBeteli; uJehova wa e nayo. 23 Indhlu ka Josefa ya tuma abokuhlola iBeteli. (Igama la lo muzi la li iLuze kuqala.) 24 Abalindi ba bona umuntu e puma emzini, ba ti kuye, A ke u si tshengise intuba yokungena emzini, si ya kukwenzela isihau. 25 Wa ba tshengisa intuba yokungena emzini; ba cita umuzi ngobukali benkemba; kepa ba m yeka lowo muntu nomndeni wonke wa kubo. 26 Lowo muntu wa ya ezweni

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

lamaHiti, w'aka kona umuzi, wa qamba igama lawo ngokuti iLuze, oku igama lawo na namhla.

27 UManase ka xoshanga aba seBete-shehan nemizana yalo, neTanaki nemizana yalo, nabakileyo eDori nemizana yalo, nabakileyo eIbleyam nemizana yalo, nabakileyo eMegido nemizana yalo; amaKanan a pikelela ukuhlala ku lelo zwe. 28 Kwa t'ukuba uIsraeli a qine wa wa sebenzisa ngokuwahxamela amaKanan; kepa a ka wa xoshanga nya.

29 UEfrayim ka wa xoshanga amaKanan akileyo eGezere; amaKanan ake eGezere pakati kwabo.

30 UZebulun ka ba xoshanga abakileyo eKitron, nabakileyo eNahaloli; amaKanan aka pakati kwabo; a tela ngokusebenza.

31 UAsheri ka ba xoshanga abakileyo eAko, nabakileyo eSidon, naba seAlabe, naba seAkezibe, naba seHeleba, naba seAfiki, naba seRehobe; 32 amaAsheri aka pakati kwamaKanan, abantu bezwe; ngokuba a ba wa xoshanga.

33 UNafetali ka ba xoshanga abakileyo eBete-shemeshe, nabakileyo eBete-anati; w'aka pakati kwamaKanan, abantu bezwe: noko abakileyo eBete-shemeshe naba seBete-anati ba tela ngokusebenza.

34 Kwa ti amaAmori a ba dudulela aba kwa Dan ezintabeni; ngokuba a ka ba vumelanga ukwehlela esigodini; 35 kodwa amaAmori a pikelela ukwaka entabeni iHeres, na seAjalon, na seShalebim: noko isandhla sendhlu ka Josefa s'ahlula, a ze a tela ngokusebenza. 36 Umkaulo wamaAmori w'esuka entubeni yokwenyuka yeAkrabim, w'esuka eweni wa ya enhla.

2 Kw'enyuka ingelosi ka Jehova eGiligali, ya ya eBokim. Ya ti, Nga n'enyusa Egipite, ngi ni letile ezweni enga li fungela koyihlo; nga ti, A ngi soze nga shafisa isivumelwano sami nani: 2 kepa ni ng'enzi isivumelwano nabantu ba leli zwe; a no bidhliza amalati abo: kodwa a ni lalelanga izwi lami: nenzeleni loku? 3 Ngakoke nami nga ti, A ngi yi kubaxosha pambi kwenu; kepa ba ya kuba njengameva ezinhlangotini zenu; onkulunkulu babo ba ya kuba isihibe kini. 4 Kwa ti, ingelosi ka Jehova se i kulumile lawa mazwi kubo bonke aba kwa Israeli, abantu ba dazuluka ba kala. 5 Ba qamba igama la leyo ndawo ngokuti iBokim; ba m hlabela uJehova kona.

6 UJoshua se e mukisile abantu, aba kwa Israeli ba hamba kwa ba ilowo wa ya efeni lake ukuba ba lake izwe. 7 Abantu ba konza uJehova izinsuku zonke zi ka Joshua, nezinsuku zonke zamalunga asalayo emva ku ka Joshua, a e bone umsebenzi wonke omkulu ka Jehova, a be e w'enzele uIsraeli. 8 UJoshua ka Nun, inceku ka Jehova, wa fa e neminyaka e ikulu neshumi. 9 Ba m mbela emkaulweni wefa lake eTimnati-heres, eli sezintabeni za kwa Efrayim, nga senyakato kwentaba iGahashe. 10 Naso sonke leso sizukulwane s'elekelwa koyise; kwa vela esinye isizukulwane emva kwaso, esingamaziyo uJehova, nomsebenzi a be wenzele uIsraeli.

11 Aba kwa Israeli b'enza okubi emehlweni ka Jehova, ba konza oBale; 12 ba m shiya uJehova uNkulunkulu wa oyise, owa ba kipa ezweni la sEgipite, ba landela abanye onkulunkulu, onkulunkulu bezizwe eza zi ba haqile, ba ba kotamela: ba m cunula uJehova. 13 Ba m shiya uJehova, ba konza uBale na oAstaroti. 14 Ulaka lu ka Jehova lwa vuta nga kwaba kwa Israeli, wa ba kapela esandhleni sabapangi, ba ba panga, wa tengisa ngabo esandhleni sezita zabo eza zi ba haqile, a ba be be sa ba na kuma pambi kwezita zabo. 15 Ba be be ya te ba ya puma, isandhla si ka Jehova sa si melene nabo ngokubi, njengokukuluma ku ka Jehova, na njengokufunga ku ka Jehova kubo: ba nyinyeka kakulu.

16 UJehova wa vusa abahluli, aba ba sindisa esandhleni sababapangayo. 17 Noko a ba lalelanga abahluli babo, ba ya ba feba nabanye onkulu-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nkulu ngokubalandela, ba ba kotamela: ba pambuka masinyane endhleleni, aba hamba ngayo oyise, ngokulalela imiyalo ka Jehova; a b'enzanga njalo bona. 18 Nxa uJehova e ba vusela abahluli, uJehova wa ba naye umahluli, wa ba sindisa esandhleni sezita zabo izinsuku zonke zomahluli: ngokuba uJehova wa zisola ngokububula kwabo, ngenxa yabo abababandezelayo nababagudhlumezayo. 19 Kepa kwa ku ti ku nga fa umahluli ba buyele emva ba z'onakalise kuna oyise ngokulandela abanye onkulunkulu, ukubakonza, ba ba kotamele; a ba yekanga imisebenzi yabo nendhlela yabo yenkani. 20 Ulaka lu ka Jehova lwa vuta nga ku Israeli; wa ti, Ngokuba lesi sizwe s'eqile isivumelwano sami, enga ba yala oyise ngaso, be nga lalelanga izwi lami; 21 nami a ngi yi kupinda ngi xoshe muntu pambi kwabo wezizwe azishiyayo uJoshua ekufeni kwake; 22 ukuze ngi vivinye ngabo uIsraeli ukuba u ya kugcina yini indhlela ka Jehova ngokuhamba ngayo, njenga oyise ba yi gcina, nokuba a ka yi kuyigcina. 23 UJehova wa zi yekake lezo zizwe, a ka zi xosha masinyane; ka zi kapelanga esandhleni si ka Joshua.

3 Yilezike izizwe aziyekayo uJehova, ukuba a vivinye uIsraeli ngazo, bonke aba kwa Israeli aba be ng'azi izimpi zonke zamaKanan; 2 kupela ukuze izizukulwane zaba kwa Israeli z'azi, zi fundiswe impi, eza zi nga yazi ngapambili; 3 amakosi a isihlanu amaFilisti, namaKanan onke, namaSidon namaHivi, akileyo entabeni iLebanon, ku suka entabeni iBale-hermon ku ze ku fike ekungeneni kweHamati. 4 Za zi ezokuba uIsraeli a vivinywe ngazo ukuze kwazeke ukuba u za kulalela yini imiyalo ka Jehova, a ba yala oyise ngayo ngoMoses. 5 Aba kwa Israeli b'aka pakati kwamaKanan, namaHiti, namaAmori, namaPerizi, namaHivi, namaJebusi; 6 ba tabata amadodakazi awo a ba omkabo, awabo amadodakazi ba wa nika amadodana awo, ba konza onkulunkulu bawo.

7 Aba kwa Israeli b'enza okubi emehlweni ka Jehova, ba kohlwa uJehova uNkulunkulu wabo, ba konza oBale na oAsheroti. 8 Ngako ulaka lu ka Jehova lwa vuta nga kwaba kwa Israeli, wa tengisa ngabo esandhleni si ka Kushan-rishatayim, inkosi ya seMesopotamiya; aba kwa Israeli ba konza uKushan-rishatayim iminyaka e isishiyangalombili. 9 Kwa t'uba aba kwa Israeli ba kale ku Jehova, uJehova wa ba vusela aba kwa Israeli umsindisi owabasindisayo, uOteniyeli ka Kenazi umnawe ka Kalebi. 10 Umoya ka Jehova wa fika pezu kwake, w'ahlulela uIsraeli; wa puma impi, uJehova wa kapela uKushan-rishatayim, inkosi ya seMesopotamiya esandhleni sake: isandhla sake sa m ahlula uKushan-rishatayim. 11 Izwe la tula iminyaka e ngamashumi amane; uOteniyeli ka Kenazi wa fa.

12 Aba kwa Israeli ba pinda b'enza okubi emehlweni ka Jehova: uJehova wa qinisa uEglon inkosi ya kwa Moabe ukuba a lwe noIsraeli, ngokuba ba b'enzile okubi emehlweni ka Jehova. 13 Wa butela kuye aba kwa Amon naba kwa Amaleki, wa ya wa cita uIsraeli, ba dhla umuzi wamasundu. 14 Aba kwa Israeli ba konza uEglon inkosi ya kwa Moabe iminyaka e ishumi nesishiyangalombili.

15 Kepa kwa t'uba aba kwa Israeli ba kale ku Jehova, uJehova wa ba vusela umsindisi, UEhude ka Gera, umBenjamin, umuntu o inxele. Aba kwa Israeli ba tuma isipo ngaye ku Eglon inkosi ya kwa Moabe. 16 UEhude wa z'enzela inkemba e bukali izinsiko zombili, ubude bayo ba bu ingalo; wa yi binca pansi kwengubo yake etangeni lokunene. 17 Wa nika uEglon inkosi ya kwa Moabe isipo: kepa uEglon wa e ngumuntu okulupeleyo kakulu. 18 Kwa t'ubake a qede ukumnika isipo, wa mukisa abantu aba be twele isipo. 19 Yenake wa buya emtapweni wamatshe owa u nga seGiligali, wa ti, Nkosi ngi ze nendaba kuwe e isifuba; wa ti, Tulani. Ba se be puma bonke

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UEhude. UShamgare. UBaraki noDebora ba cita uSisera.

aba b'emi nga kuye. 20 UEhude w'eza kuye; wa e hlezi ekamelweni eli pezulu elipolileyo e yedwa; wa s'e ti uEhude, Ngi nendaba kuwe e vela ku Nkulunkulu. Wa s'e suka esihlalweni sake. 21 UEhude wa s'elula isandhla sake sokohlo, wa tabata inkemba etangeni lake lokunene, wa m gwaza esiswini ngayo: 22 isipato sayo naso sa ngena nenkemba; amafuta a hlangana enkembeni, ngoba ka yi kipanga inkemba esiswini; ya pumela ngasemva. 23 UEhude wa s'e pumela ku vulande, wa m valela iminyango yekamelo eli pezulu, wa yi hlutulela.

24 Nxa e se pumile yena, izinceku za fika; za bona, nakuke iminyango yekamelo eli pezulu i hlutulelwe; za ti, Ingabe u yembesa izinyawo zake endhlini yake epolileyo. 25 Ba hlala ba ze ba jaba; bheka ka i vulanga iminyango yekamelo eli pezulu; ba se be tabata isihlutulelo ba vula; nansoke, inkosi yabo i si wile pansi i file.

26 UEhude wa baleka, be sa sulaza, wa dhlula umtapo wamatshe, wa balekela eSira. 27 Kwa t'uba a fike, wa shaya icilongo ezintabeni za kwa Efrayim; aba kwa Israeli b'ehla naye ezintabeni, yena e pambi kwabo. 28 Wa ti kubo, Ngi landeleni; ngoba uJehova u kapele izita zenu ama-Moabe esandhleni senu. B'ehla emva kwake, ba vimba emazibukweni a seJordan, nga kwa Moabe, a ba vumanga ukuba ku wele muntu. 29 Ba bulala amaMoabe nga leso sikati kungati abantu aba izinkulungwane ezi ishumi, amajaha onke, namaqawe onke, a kwa sinda muntu. 30 UMoabe wa vovwake pansi kwesandhla si ka Israeli nga lolo suku; izwe la tula iminyaka e ngamashumi a isishiyangalombili.

31 Ngasemva kwake kwa ba uShamgare ka Ánati owa bulala amaFilisti abantu aba ngamakulu a isitupa ngocijo lwezinkabi, naye wa sindisa uIsraeli.

4 Aba kwa Israeli ba pinda b'enza okubi emehlweni ka Jehova, uEhude e nga seko. 2 UJehova wa tengisa ngabo esandhleni si ka Jabin inkosi ya kwa Kanan owa busa eHazore, onduna yempi yake ya i nguSisera, owa be akile eHarosheti labezizwe. 3 Aba kwa Israeli ba kala ku Jehova: ngokuba wa e nezinqolana zempi ezi ngamakulu a isishiyangalolunye; wa bandezela aba kwa Israeli ngamandhla iminyaka e ngamashumi amabili.

4 Kwa ti uDebora, umprofetikazi, umka Lapidoti, w'ahlulela uIsraeli nga leso sikati. 5 Wa be akile pansi kwesundu li ka Debora, pakati kweRama neBeteli, ezintabeni za kwa Efrayim: aba kwa Israeli b'enyukela kuye ukwahlulelwa. 6 Wa tumela wa biza uBaraki ka Abinowam wa seKedeshe-nafetali, wa ti kuye, UJehova uNkulunkulu ka Israeli ka yalanga yini ngokuti, Hamba u donsele entabeni iTabore, u ye nabantu aba izinkulungwane ezi ishumi, aba kwa Nafetali naba kwa Zebulun? 7 Ngi ya kudonsela kuwe, emfuleni wa seKishón, uSisera induna yempi ka Jabin, nezinqolana zake zempi nesixuku sake; ngo m kapela esandhleni sako. 8 UBaraki wa ti kuye, Uma u hamba nami, ngi za kuhamba: kepa uma u nga hambi nami, a ngi z'ukuhamba. 9 Wa ti, Ngi za kuhamba nokuhamba nawe: kanti noko a i yi kuba eyodumo lwako indhlela o hamba ngayo; ngoba uJehova u ya kutengisa ngoSisera esandhleni sowesifazana. Wa s'e suka uDebora, wa ya noBaraki eKedeshe. 10 UBaraki wa biza uZebulun noNafetali ukuba b'eze eKedeshe, w'enyuka nabantu aba izinkulungwane ezi ishumi pansi kwake: uDebora w'enyuka naye.

11 Kepa uHebere umKeni, wa e s'ahlukene namaKeni, bona aba kwa Hobabe umkwe ka Moses, wa e misile itente lake nga semokini eZanayim, eli nga seKedeshe.

12 Kwa bikwa ku Sisera ukuti, uBaraki kaAbinowam wenyukele entabeni iTabore. 13 USisera wa buta zonke izinqolana zake zempi, izinqolana ezi ngamakulu a isishiyangalo-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

lunye zensimbi, nabantu bonke aba naye ku suka eHarosheti labezizwe ku ze ku fike emfuleni iKishon. 14 UDebora wa ti ku Baraki, Suka, ngokuba namhla ku usuku uJehova a kapele ngalo uSisera esandhleni sako; uJehova ka pumanga pambi kwako na? UBaraki w'ehla entabeni iTabore, nabantu aba izinkulungwane ezi ishumi emva kwake. 15 UJehova wa dunga USisera, nazo zonke izinqolana zake zempi, nempi yake yonke, ngobukali benkemba pambi ku ka Baraki; uSisera w'ehlika enqolaneni yake, wa baleka ngezinyawo. 16 UBaraki wa xosha izinqolana nempi wa za wa fika eHarosheti labezizwe: impi yonke ka Sisera ya wiswa ubukali benkemba; a kwa sala noyedwa.

17 Noko USisera wa baleka ngezinyawo, wa fika etenteni li ka Jaheli umka Hebere umKeni; ngokuba kwa ku kona ukutula pakati ku ka Jabin inkosi ya seHazore nendhlu ka Hebere umKeni. 18 UJaheli wa puma ukumhlangabeza uSisera, wa ti kuye, Pambuka, nkosi yami, pambukela kimi, u ng'esabi; wa pambukela kuye etenteni, wa m embesa ngengubo. 19 Wa ti kuye, A k'u ngi puzise amanzana, ng'omile. Wa s'e vumbulula imvaba yobisi, wa m puzisa, wa m embesa. 20 Wa s'e ti kuye, Yima emnyango wetente, ko ti, nxa ku fika umuntu e buza kuwe, a ti, Ku kona muntu lapa na? u ti, Qabo. 21 UJaheli umka Hebere wa tabata isikonkwane setente, wa pata isando ngesandhla, wa nyonyobela kuye, wa m betela esikaleni sendhlebe ngesikonkwane, sa ngena sa ze sa pumela emhlabatini; ngokuba wa e zumekile ubutongo; wa qulekake wa fa. 22 Bheka, uBaraki e sa m xosha uSisera, uJaheli wa pumela ukumhlangabeza, wa ti kuye, Woza, ngi ku bonise umuntu omfunayo. W'eza kuye, bheka, uSisera wa e lele, e file, isikonkwane si sesikaleni sendhlebe.

23 Nga lolo suku uNkulunkulu wa m vova uJabin inkosi ya kwa Kanan pambi kwaba kwa Israeli. 24 Isandhla saba kwa Israeli sa ya ngokuqina njalo nga ku Jabin inkosi ya kwa Kanan ba za ba m cita uJabin inkosi ya kwa Kanan.

5 Wa se e hlabelela uDebora no-
Baraki ka Abinowam nga lolo suku, ba ti,

2 Ngokuba abaholi ba holile kwa Israeli,
Ngokuba abantu ba zinikela be qutshwa inhliziyo,
Bongani uJehova.

3 Yizwani, nina makosi; bekani izindhlebe nina zikulu;
Mina, yebo mina, ngi ya kumhlabelelela uJehova,
Ngi hubele uJehova, uNkulunkulu ka Israeli.

4 Jehova, ekupumeni kwako eSehire,
Ekuhambeni kwako u puma ezweni la kwa Edom,
Umhlaba wa zamazama, izulu la tonsa,
Yebo amafu a tonsa amanzi.

5 Izintaba za bukuzela pambi ku ka Jehova,
Leliya Sinayi nalo, pambi ku ka Jehova uNkulunkulu ka Israeli.

6 Ezinsukwini zi ka Shamgare ka Anati,
Ezinsukwini zi ka Jaheli, imigwaqo ya shiywa,
Izihambi za hamba ngezindhlela ezi mazombe.

7 Kwa nqamuka abapati kwa Israeli, ba nqamuka,
Nga za nga vuka mina Debora,
Nga vuka ngi unina waba kwa Israeli.

8 Ba keta onkulunkulu abasha;
Kwa se ku vela impi emasangweni:
Kwa bonwa isihlangu nomkonto na?
Kuzo izinkulungwane ezi ngamashumi amane kwa Israeli na?

9 Inhliziyo yami i ku babusi ba kwa Israeli,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ingoma ka Debora.

Abazinikelayo be qutshwa inhliziyo ebantwini:
Bongani uJehova.
10 Kulumani nina bakwela izimbongolo ezimhlope,
Nina bahlalayo emacansini,
Nani bahambayo endhleleni.
11 Kude nomsindo wabemicibisholo, ezindaweni zokuka amanzi,
Ma ba lande kona imisebenzi elungileyo ka Jehova,
Imisebenzi elungileyo yokubusa kwake kwa Israeli.
Konake abantu ba ka Jehova b'ehlela emasangweni.

12 Vuka, vuka, Debora,
Vuka, vuka, u hlabe ingoma:
Suka, Baraki, u tumbe abatunjwa bako, wena ka Abinowam.
13 Kwa se kw'ehla imitonsela yezikulu nabantu;
UJehova w'ehla ngenxa yami ukulwa neziqwaga.
14 Kwa vela kwa Efrayim labo aba mpande yabo i kwa Amaleki,
Emva kwako Benjamin ebantwini bako;
Kwa Makiri kw'ehla ababusi,
Kwa puma kwa Zebulun aba pata intonga yombhali.
15 Izikulu za kwa Isakare za zi naye uDebora;
UBaraki wa e njengoIsakare;
Ba teleka esigodini nga sezinyaweni zake.
Nga seminonjaneni ya kwa Ruben
Kwa ku kona ukusonga okukulu enhliziyweni.
16 Wa hlalelani ezibayeni zezimvu,
Ukuzwa izimpempe zemihlambi?
Nga seminonjaneni ka Ruben
Kwa ku kona ukupenya okukulu kwenhliziyo.
17 UGiliyadi wa lala nje pesheya kweJordan;
UDan wa hlalelani emikunjini?
UAsheri wa hlala nga setekwini lolwandhle,
Wa sala nga semacwebeni ake;
18 UZebulun ngabantu aba zidele amatambo ku ze ku be sekufeni,
NoNafetali ezindaweni ezipakemeyo zezwe.

19 Amakosi a fika, a lwa;
Amakosi a kwa Kanan a lwa
ETanaki nga semanzini a seMegido:
A ka tolanga nzuzo yemali.
20 Za lwa ezulwini,
Izinkanyezi ezindhleleni zazo za lwa noSisera.
21 Umfula iKishon wa ba kukula,
Umfula wa sendulo umfula iKishon.
Au mpefumulo wami, nyatela ngamandhla.
22 Kona izinselo zamahashi z'enza ingidi
Ngokugadabula, ukugadabula kwanamandhla kuwo.
23 Qalekisani iMerozi, ya sho ingelosi ka Jehova,
Qalekisani nokuqalekisa abantu balo;
Ngokuba a b'ezanga ukumsiza uJehova,
Ukumsiza uJehova ukulwa neziqwaga.

24 Wo busiswa ngapezu kwabesifazana uJaheli
Umka Hebere umKeni,
Wo busiswa ngapezu kwabesifazana etenteni.
25 Wa cela amanzi wa m nika ubisi;
Wa m letela amasi ngesitsha sobukosi.
26 Wa yisa isandhla sake esikonkwaneni,
Nesokunene esandweni sesisebenzi;
Ngesando wa m kanda uSisera wa m gqoboza ikanda,
Yebo, wa debeza, wa m bhobosa esikaleni sendhlebe.
27 Nga sezinyaweni zake wa ti fofololo, wa wa wa lala;
Nga sezinyaweni zake wa ti fofololo, wa wa:

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UIsraeli u bandezelwa UMidiyan. Ingelosi i fika ku Gideon.

Lapo wa ti fofololo kona, wa wela kona e bulewe.

28 Wa lunguza esibukweni wa memeza,
Unina ka Sisera eheleni, wa ti,
Inqolana yake yempi i libaleleni ukufika?
Amasondo ezinqolana zake zempi a banjezelwe yini?
29 Amakosazana ake ahlakanipileyo a m pendula,
Yebo, wa li buyekeza izwi naye,
30 Angiti ba tolile, b'abelana impango?
Intombi, izintombi ezimbili endodeni nga inye;
Ku Sisera impango yezingubo ezi nemibala,
Impango yezingubo ezi nemibala ezifeketisiweyo,
Izingubo ezi nemibala, ezimbili ezifeketisiweyo, ezi sezintanyeni zempango?
31 Ma zi bube kanjalo izita zonke zako, Jehova:
Kepa abamtandayo a ba be njengokupuma kwelanga emandhleni alo.

Izwe la tula iminyaka e ngamashumi amane.

6 Aba kwa Israeli b'enza okubi emehlweni ka Jehova: uJehova wa ba kapela esandhleni si ka Midiyan iminyaka e isikombisa. 2 Isandhla si ka Midiyan sa m ahlula uIsraeli; ngenxa ka Midiyan aba kwa Israeli ba z'enzela imigede e sezintabeni, nemihume, nezinqaba. 3 Kwa ti nxa aba kwa Israeli se be limile, kw'enyuka amaMidiyan, namaAmaleki, naba sempumalanga, b'enyukela ukulwa nabo; 4 ba ba pakela impi, ba bubisa izitelo zomhlaba ku ze ku fike eGaza; ka ba shiyanga kudhla kwa Israeli, nazimvu, nazinkomo, nazimbongolo. 5 Ngokuba b'enyuka nezinkomo zabo namatente abo; ba ngena njengesikonyane ngobuningi; ba be nge nakubalwa bona namakamelo abo; ba ngena ezweni ukuba ba li cite. 6 Aba kwa Israeli b'enziwa amankengane kakulu ngenxa ka Midiyan; aba kwa Israeli ba kala ku Jehova.

7 Kwa t'uba aba kwa Israeli ba kale ku Jehova ngenxa ka Midiyan, 8 uJehova wa tuma umprofeti kwaba kwa Israeli: wa ti kubo, U ti uJehova uNkulunkulu ka Israeli, Nga n'enyusa Egipite, nga ni kipa endhlini yobugqili, 9 nga n'opula esandhleni saba sEgipite, na sesandhleni sabo bonke abanibandezelayo, nga ba xosha pambi kwenu, nga ni nika izwe labo; 10 nga ti kini, Ngi nguJehova uNkulunkulu wenu; ni nga b'esabi onkulunkulu bamaAmori, eni hlezi ezweni lawo. Kepa a ni lalelanga izwi lami.

11 Kwa fika ingelosi ka Jehova, ya hlala pansi kwomoki o seOfra li ka Jowashe, umAbiyezere: indodana yake uGideon wa e bhula ukolweni esikamweni sevini, ukuba a m tukusele amaMidiyan. 12 Ingelosi ka Jehova ya bonakala kuye, ya ti kuye, UJehova u nawe, wena siqwaga esi iqawe. 13 UGideon wa ti kuyo, E, nkosi yami, uma uJehova e nati, konke loku ku s'ehlele ngani na? ipi imimangaliso yake yonke aba si balisela ngayo obaba, be ti, UJehova ka s'enyusanga Egipite na? kepa manje uJehova u si lahlile, wa si kapela esandhleni si ka Midiyan. 14 UJehova wa m bheka, wa ti, Hamba nga lawa mandhla ako, u sindise uIsraeli esandhleni si ka Midiyan: a ngi ku tumanga na? 15 Wa ti kuye, E, nkosi yami, ngi ya kusindisa uIsraeli ngantoni na? bheka, umndeni wa kiti u ngompofana kwa Manase, nami ngi ngomncinyane endhlini ka baba. 16 UJehova wa ti kuye, Impela ngi ya kuba nawe, u ya kuwabulala amaMidiyan, kungati a ngumuntu munye. 17 Wa ti kuye, Umake ngi nesasasa kuwe, a u ng'enzele isibonakaliso sokuti nguwena o kuluma nami. 18 Ma u ng'esuki pela lapa, ngi ze ngi fike kuwe, ngi kipe isipo sami, ngi si beke pambi kwako. Wa ti, Ngi ya kuhlala u ze u buye.

19 UGideon wa ngena, wa lungisa icwane lembuzi namaqebelengwana a

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UGideon u cita ilati li ka Bale. U buta impi. Isibonakaliso samazolo.

nge na mvubelo eefa lempupu: inyama wa yi beka eqomeni, umhluzi wa wu tela ekanzini, wa ku kipela kuye pansi kwomoki, wa ku nikela. 20 Ingelosi ka Nkulunkulu ya ti kuye, Tabata inyama namaqebelengwana a nge na mvubelo, u ku beke ku leli dwala, u tulule umhluzi. W'enze njalo. 21 Ingelosi ka Jehova ya se yelula isihloko sodondolo olwa lu sesandhleni sayo, ya tinta inyama namaqebelengwana a nge na mvubelo; kw'enyuka umlilo etsheni; wa dhla inyama namaqebelengwana a nge na mvubelo. Ingelosi ka Jehova ya se i muka emehlweni ake. 22 UGideon wa bona ukuti yingelosi ka Jehova; uGideon wa ti, Maye, Nkosi Jehova! loku ngi bonile ingelosi ka Jehova ubuso nobuso. 23 UJehova wa ti kuye, Ukutula a ku be kuwe; mus'ukwesaba; a u z'ukufa. 24 UGideon wa s'e m akela uJehova ilati kona, wa li qamba ngokuti uJehova-shalom: na namhla li se kona eOfra lamaAbiyezere.

25 Kwa ti nga lobo busuku uJehova wa ti kuye, Tabata iduna lenkomo li ka yihlo, iduna lesibili eli neminyaka e isikombisa, u dilize ilati li ka Bale, a nalo uyihlo, u gaule uAshera o nga kulo; 26 u m akele uJehova uNkulunkulu wako ilati esiqongweni sa le nqaba, ku hlelwe kahle, u tabate iduna lesibili, u nikele umnikelo oshiswayo ngezinkuni zi ka Ashera o za kumgaula. 27 UGideon wa s'e tabata amadoda a ishumi ezisebenzini zake, w'enza njengokusho ku ka Jehova kuye: kwa ti ngoba wa b'esaba abendhlu ka yise nabantu bomuzi ukuba a kwenze emini, wa kwenza ebusuku.

28 Kwa t'uba abantu bomuzi ba vuke ekuseni nga kusasa, nantoke, ilati li ka Bale li bidhlikile, uAshera owa e nga kulo u gauliwe, iduna lesibili li nikelwe elatini elakiweyo. 29 Ba kulumisana bodwa ba ti, Kwenziwe ubani loku na? Ba buza ba funisisa, ba ti, UGideon ka Jowashe o wenze loku. 30 Abantu bomuzi ba se be ti ku Jowashe, Kipa indodana yako ukuba i fe: ngokuba i bidhlizile ilati li ka Bale, na ngokuba i gaule uAshera o be nga kulo. 31 UJowashe wa ti kubo bonke aba be melana naye, Ni ya kumelela uBale na? ni ya kumsindisa na? lowo ommelelayo ka bulawe ku se kusasa; uma e ngunkulunkulu, ka zimelele ngokuba ku bidhliziwe ilati lake. 32 Ngakoke nga lolo suku wa m qamba ngokuti uJerubale, e ti, UBale ka bambane naye, ngokuba u bidhlizile ilati lake.

33 Kwa se ku butana ndawonye amaMidiyan, namaAmaleki, naba sempumalanga; ba wela, ba ngenisa esigodini sa seJezereli. 34 Kepa umoya ka Jehova wa m mboza uGideon; wa s'e shaya icilongo; amaAbiyezere a butana a m landela. 35 Wa s'e tuma izigijimi kulo lonke la kwa Manase; nabo ba butana ba m landela; wa tuma izigijimi na ku Asheri, na ku Zebulun; na ku Nafetali; b'enyuka ukuba ba hlangane nabo.

36 UGideon wa ti ku Nkulunkulu, Uma u za kusindisa uIsraeli ngesandhla sami njengokukuluma kwako, 37 bheka, ngi ya kubeka uboya obugundiweyo esibuyeni; uma ku kona amazolo eboyeni bodwa, umhlabati wonke womile, se ngi ya kwazi ukuti, u ya kusindisa uIsraeli ngesandhla sami njengokukuluma kwako. 38 Kwa ba njaloke; wa vuka ekuseni ngangomso, wa foconga uboya, wa kama amazolo eboyeni, amanzi a gcwala ukamba. 39 UGideon wa ti ku Nkulunkulu, Ma lu nga vuti ulaka lwako nga kimi, ngi za kukuluma kanye kupela: a ke ngi hlole ngoboya kanye kupela; a k'ome eboyeni bodwa, ku be kona amazolo emhlabatini wonke. 40 W'enze njalo uNkulunkulu nga lobo busuku: kwa k'omile eboyeni bodwa, emhlabatini wonke kwa ku kona amazolo.

7 Wa s'e vuka ekuseni uJerubale, o nguGideon, nabantu bonke aba be naye, ba ngenisa nga semtonjeni wa seHarodi: ikamu lamaMidiyan la li nga senyakato kwabo, nga segqumeni la seMore, esigodini.

Digitized By UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Impi i ncitshiswa. UGideon u zwa ipupo. Amacilongo nezitsha.

2 Wa ti uJehova ku Gideon, Ba ningi abantu aba nawe ukuba ngi wa kapele amaMidiyan esandhleni sabo, funa uIsraeli a zincome kimi, e ti, Isandhla sami si ngi sindisile. 3 Memezelake ezindhlebeni zabantu, u ti, Lowo owesabayo e tutumela, ka buye, a zombeleze intaba iGiliyadi. Kwa se ku buya abantu aba izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nambili; kwa sala aba izinkulungwane ezi ishumi.

4 UJehova wa ti ku Gideon, Abantu ba se baningi; b'ehlisele emanzini, ngo ku vivinyela bona lapo: ma ku ti, lowo engi sho ngaye kuwe ukuti, Lo u za kuhamba nawe, lowo a hambe nawe; na lowo engi ti ngaye kuwe, Lo ka z'ukuhamba nawe, lowo a nga hambi. 5 W'ehlake nabantu wa ya emanzini: uJehova wa ti ku Gideon, Bonke aba xapa amanzi ngolimi njengokuxapa kwenja, ba beke bodwa; nabo bonke aba guqa ngamadolo ukuba ba puze u ba beke bodwa. 6 Umumo wabaxapayo, be beka isandhla emlonyeni, kwa ku ngabantu aba ngamakulu amatatu: bonke abanye abantu ba guqa ngamadolo ukuba ba puze amanzi. 7 UJehova wa ti ku Gideon, Nga la madoda a ngamakulu amatatu axapayo, ngi za kunisindisa, ngi wa kapele amaMidiyan esandhleni sako; ma ba hambe bonke abantu, ku be ilowo a ye endaweni yake. 8 Abantu ba tata umpako ngesandhla sabo, namacilongo abo; wa buyisela onke amadoda a kwa Israeli kwa ba ileyo etenteni layo, wa gcina la madoda a ngamakulu amatatu: ikamu lamaMidiyan la li nga senzansi kwake esigodini.

9 Kwa ti nga lobo busuku, uJehova wa ti kuye, Suka, wehlele ekamu; ngokuba ngi li kapele esandhleni sako. 10 Kepa uma wesaba ukwehla, yehla wena noPura udibi lwako, ni ye ekamu: 11 u ya kuzwa abakushoyo; andubake ku qiniswe izandhla zako ukuba wehlele ekamu. Wa s'ehla yena, noPura udibi lwake, wa ya emapetelweni abahlomileyo aba sekamu. 12 AmaMidiyan, namaAmaleki, nabo bonke aba sempumalanga, ba be lele kona esigodini njengesikonyane ngobuningi; amakamelo abo a e nge na kubalwa, e ngangesihlabati esi sogwini lolwandhle ngobuningi. 13 Wa t'ukuba a fike uGideon, bheka, umuntu wa e lauza ipupo ku mngane wake; wa ti, Bheka, ngi pupe ipupo; bheka iqebelengwana lesinkwa sebarle li gingqikela ekamu lamaMidiyan, la fika etenteni, la li shaya la wa, la li gumbuqela, la ti badalala itente. 14 Umngane wake wa pendula wa ti, Loku a ku luto lumbe, kupela inkemba ka Gideon ka Jowashe, umuntu wa kwa Israeli: uNkulunkulu u kapele esandhleni sake uMidiyan nempi yonke.

15 Kwa t'ubake a ku zwe uGideon ukulauzwa kwepupo nokucasiselwa kwalo, wa kuleka; wa buyela ekamu li ka Israeli, wa ti, Vukani; ngokuba uJehova u kapele esandhleni senu impi ka Midiyan. 16 W'ahlukanisa lawa madoda a ngamakulu amatatu a ba izigaba ezintatu, wa wa nika kwa ba ileyo icilongo esandhleni sayo, nesitsha es'ize, nezihlanti zi pakati kwezitsha. 17 Wa ti kubo, Bukani kimi, n'enze kanje: ko ti se ngi fike emapetelweni ekamu, no ti n'enze njengokwenza kwami. 18 Nxa ngi shaya icilongo, mina nabo bonke aba nami, a no shaya amacilongo nani inxa zonke zekamu, ni ti, E ka Jehova ne ka Gideon.

19 Wa fikake uGideon namadoda a ikulu a be naye emapetelweni ekamu ekuqaleni kwomlindo o pakati kwobusuku, abalindi be sand'ukubekwa: ba se be shaya amacilongo, ba casa izitsha abazipeteyo. 20 Izigaba zontatu za shaya amacilongo, za casa izitsha, za pata izihlanti ngezandhla zokohlo, namacilongo ngezandhla zokunene, ukuba zi wa shaye; za memeza za ti, Inkemba ka Jehova ne ka Gideon. 21 Z'ema kwa ileyo ndoda endaweni yayo, za haqa ikamu; bonke aba sekamu ba gijima, ba hlaba umkosi, ba baleka. 22 A shaya amacilongo amakulu amatatu, uJehova wa bhekisa inkemba ya lowo na lowo

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku nqotshwa amaMidiyan.

nga ku mngane wake kuyo yonke impi; impi ya baleka ya za ya fika eBete-shita nga seZerera ku ze ku fike eceleni leAbeli-mehola, nga se-Tabati. 23 Amadoda a kwa Israeli a butana, e puma kwa Nafetali, na kwa Asheri, na kulo lonke la kwa Manase, a xosha amaMidiyan.

24 UGideon wa tuma izigijimi ezintabeni zonke za kwa Efrayim, wa ti, Yehlani ni hlangabezane namaMidiyan, ni wa vimbele emanzini ku ze ku fike eBete-bara, neJordan. A butana-ke onke amadoda a kwa Efrayim, a wa vimbela emanzini ku ze ku fike eBete-bara neJordan. 25 A bamba izikulu ezimbili zamaMidiyan, uOrebe noZebe; a bulala uOrebe etsheni li ka Orebe; a bulala uZebe esikamweni sevini si ka Zebe, a xosha uMidiyan: a leta ikanda li ka Orebe neli ka Zebe ku Gideon pesheya kweJordan.

8 Amadoda a kwa Efrayim a ti kuye, U kwenzeleni loku kitina, ukuba u nga si bizi nxa u ya kokulwa namaMidiyan? ba kankatana naye ngamandhla. 2 Wa ti kubo, Ng'enzenike kunani? ukukotoza kwama-Efrayim a ku kukulu yini kunokuvunwa kwevini kwamaAbiyezere na? 3 UNkulunkulu u kapele ezandhleni zenu izikulu za kwa Midiyan, uOrebe noZebe: be ngi namandhla okwenzani kunani na? Lwa se lu bohla ulaka lwabo ngaye, e se ku shilo loku.

4 UGideon wa fika eJordan, wa wela yena namadoda a ngamakulu amatatu a e naye; be yetile, be sa xosha noko. 5 Wa ti ku bantu ba seSukoti, A ke ni ba pe abantu abangilandelayo izinkwa, ngokuba ba yetile, ngi sa xosha uZeba noZalmuna, amakosi a kwa Midiyan. 6 Izikulu za seSukoti za ti, Izandhla zi ka Zeba noZalmuna se zi sesandhleni sako na, ukuba si pe impi yako ukudhla? 7 Wa ti uGideon, Ngakoke nxa uJehova e se kapele uZeba noZalmuna esandhleni sami, ngi ya kubhula inyama yemizimba yenu ngameva a sehlane na ngengqaqabulani. 8 W'enyuka kona wa ya ePenuweli, wa kuluma kubo ngokunjalo; abantu ba sePenuweli ba m pendula njengokupendula kwabantu ba seSukoti. 9 Wa kuluma na ku bantu ba sePenuweli, wa ti, Nxa ngi buya ku tulile, ngi ya kubidhliza lo mboshongo.

Ku bulawa uZeba noZalmuna.

10 Kepa uZeba noZalmuna ba be seKarkore, nezimpi zabo za zi kona nabo, kungati abantu aba izinkulungwane ezi ishumi nesihlanu, bonke aba be sele empini yonke yaba sempumalanga; kwa ku wile abantu aba hloma inkemba aba izinkulungwane ezi ikulu namashumi amabili. 11 UGideon w'enyuka ngendhlela yaba hlala ematenteni, nga sempumalanga kweNoba neJogebeha, wa cita impi; impi ya i ti i londekile. 12 UZeba noZalmuna ba baleka; wa ba xosha, wa wa bamba amakosi omabili a kwa Midiyan, uZeba noZalmuna, wa yi shayisa uvalo impi yonke.

13 UGideon ka Jowashe wa buya ekulweni nga sentubeni enyukayo ye-Heres. 14 Wa bamba insizwa ya ku bantu ba seSukoti, wa buza kuyo: yona ya m lobela izikulu za seSukoti, namalunga alo, abantu aba ngamashumi a isikombisa nesikombisa. 15 Wa fika ku bantu ba seSukoti, wa ti, Namba oZeba noZalmuna, ena ngi swabulela ngabo, na ti, Izandhla zi ka Zeba noZalmuna se zi sesandhleni sako, ukuba si ba pe ukudhla abantu bako abadiniweyo na? 16 Wa tabata amalunga omuzi, nameva a sehlane nengqaqabulani, wa ba fundisa ngako abantu ba seSukoti. 17 Wa bidhliza umboshongo wa sePenuweli, wa bulala abantu bomuzi.

18 Wa e se ti ku Zeba na ku Zalmuna, Ba be njani labo bantu ena ba bulala eTabore? Ba ti, Ba be njengawe bona; kwa ku ilowo e umbakabaka kuhle kwomntwana wenkosi. 19 Wa ti, Ba be ngabafo wetu, amadodana ka mame: e kona uJehova! uma be ni ba yekile bona ba sinda, be ngi nga yi kunibulala. 20 Wa ti ku Jetere izibulo lake, Suka u ba bulale. Kepa umfana ka hoshanga inkemba yake; w'esaba ngokuba wa e se umfana. 21 Ba se be ti oZeba noZalmuna, Suka wena, u s'ehle; ngokuba

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

njengendoda a njalo amandhla ayo; Wa se e suka uGideon wa bulala uZeba noZalmuna, wa tabata izimbedu eza zi sezintanyeni zamakamelo abo.

22 Amadoda a kwa Israeli a ti ku Gideon, Si buse, wena, nendodana yako, nendodana yendodana yako; ngoba u si sindisile esandhleni sama-Midiyan. 23 Wa ti kubo uGideon, A ngi yi kunibusa, nendodana yami a i yi kunibusa: nguJehova o ya kunibusa. 24 Wa ti ke kubo uGideon, Ma ngi cele isicelo kini, ukuba ni ngi nike ku be ilowo amacici empango yake. (Ba be namacici egolide, ngoba ba be amaIshmayeli.) 25 Ba se be ti, Si za kukunika nokukunika wona. B'eneka ingubo, ba ponsa kuyo, kwa ba ilowo amacici empango yake. 26 Ukusinda kwamacici egolide awacelayo, kwa ku ngamashekeli egolide a inkulungwane namakulu a isikombisa; ngapandhle kwezimbedu, namagenqeza, nezingubo ezibubende eza zi kuwo amakosi a kwa Midiyan, na ngapandhle kwamaketanga a e sezintanyeni zamakamelo awo. 27 UGideon w'enza iefodi ngako, wa li beka emzini wake, kona eOfra: uIsraeli wonke wa feba nalo kona; la ba isihibe ku Gideon nendhlu yake. 28 AmaMidiyan a vovwa pambi kwaba kwa Israeli; a ka be e sa pakamisa amakanda awo futi. Izwe la tula iminyaka e ngamashumi amane ezinsukwini zi ka Gideon.

29 UJerubale ka Jowashe wa ya wa hlala endhlini yake. 30 UGideon wa e namadodana a ngamashumi a isikombisa a puma emzimbeni wake; ngokuba wa e nabafazi abaningi. 31 Isancinza sake esa si seShekem, naso sa m zalela indodana, wa qamba igama layo ngokuti uAbimeleki. 32 UGideon ka Jowashe wa fa e se ingwevu, w'embelwa etuneni li ka Jowashe uyise, eOrfa lamaAbiyezere.

33 Kwa t'uba a fe uGideon, aba kwa Israeli ba buya ba yo feba na oBale ngokubalandela, b'enza uBaleberiti a be unkulunkulu wabo. 34 Aba kwa Israeli a ba m kumbulanga uJehova uNkulunkulu wabo, owa b'opula esandhleni sezita zabo inxa zonke; 35 a b'enzanga isihau kuyo indhlu ka Jerubale, uGideon, njengako konke okuhle a be kwenzile ku Israeli.

9 UAbimeleki ka Jerubale wa ya eShekem ku bafo wabo ba ka nina, wa kuluma nabo, nomndeni wonke wendhlu ka yise ka nina, wa ti, 2 A ke ni kulume ezindhlebeni zabo bonke aba seShekem, ni ti, Kuhle yini kinina, ukuba onke amadodana ka Jerubale, a ngabantu aba ngamashumi a isikombisa, a ni buse, nokuba ni buswe umuntu munye na? kumbulani futi ukuti, mina ngi itambo lenu, nenyama yenu. 3 Abafo wabo ba ka nina ba kuluma ngaye ezindhlebeni zabo bonke aba seShekem lawa mazwi onke; izinhliziyo zabo z'encika ku Abimeleki ukumlandela; ngokuba ba ti, U ngumfo wetu. 4 Ba m nika izinhlamvu zesiliva ezi ngamashumi a isikombisa, zi kishwa endhlini ka Bale-beriti; uAbimeleki wa tola ngazo amayiyane nezabukazana, za m landela. 5 Wa ya endhlini ka yise, eOfra, wa bulala abafo wabo, amadodana ka Jerubale, abantu aba ngamashumi a isikombisa, etsheni linye: kepa kwa sala uJotam, indodana encinyane ka Jerubale, ngokuba wa casha. 6 Kwa butana bonke aba seShekem, nabo bonke abendhlu ka Milo, ba ya ba m enza uAbimeleki inkosi, nga semokini wensika owa u seShekem.

7 Lapa se ku bikwa ku Jotam, wa ya w'ema esiqongweni sentaba iGerizim, wa dazuluka, wa memeza, wa ti kubo, Ngi laleleni, nina ba seShekem, ukuba uNkulunkulu a ni lalele. 8 Imiti ya ke ya ya kozigcobela inkosi; ya ti kuwo umnqumo, Yiba inkosi yetu. 9 Kepa umnqumo wa ti kuyo, Ngi wa yeke amafuta ami, oku ngawo ku dunyiswa uNkulunkulu nabantu ngami, ngi ye ngi tengatenge pezu kwemiti na? 10 Imiti ya se i ti emkiwaneni, Woza u be inkosi yetu. 11 Kepa umkiwane wa ti kuyo, Ngi yeke ubumnandi bami, nezitelo

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

zami ezinhle, ngi ye ngi tengatenge pezu kwemiti na? 12 Imiti ya se i ti kuwo umvini, Woza wena u be inkosi yetu. 13 Umvini wa ti, Ngi yeke iwayini lami eli tokozisa uNkulunkulu nabantu, ngi ye ngi tengatenge pezu kwemiti na? 14 Ya se i ti imiti yonke ejigijolweni, Woza wena, u be inkosi yetu. 15 Ijigijolo la ti kuyo imiti, Uma ni ngi gcoba impela ngi be inkosi yenu, yizani ni pepele emtunzini wami; uma ku nge njalo, a ku pume umlilo ejigijolweni, u dhle imisedare ya seLebanon. 16 Ngakoke uma n'enzile ngeqiniso na ngobuqoto, ngokumenza inkosi uAbimeleki, uma n'enzile okuhle ku Jerubale nendhlu yake, uma n'enzile kuye njengokufanele izandhla zake, 17 (ngokuba ubaba wa ni lwela, wa zidubuzela, wa n'opula esandhleni samaMidiyan: 18 kepa ni yi vukele indhlu ka baba namhla, ni bulele amadodana ake, abantu aba ngamashumi a isikombisa, etsheni linye, uAbimeleki indodana yesigqilikazi sake, ni m enzile inkosi pezu kwaba seShekem, ngokuba e umfo wenu); 19 uma n'enzile ku Jerubale nendhlu yake okweqiniso nokwobuqoto namhla, tokozani ku Abimeleki, naye ka tokoze kini: 20 kodwa uma ku nge njalo, a ku pume umlilo ku Abimeleki u dhle aba seShekem nendhlu ka Milo; umlilo a u pume kwaba seShekem na sendhlini ká Milo u dhle uAbimeleki. 21 UJotam w'eqa wa baleka, wa ya eBere, wa hlala kona ngokwesaba uAbimeleki umfo wabo.

22 UAbimeleki wa ba isikulu kwa Israeli iminyaka emitatu. 23 UNkulunkulu wa tuma umoya omubi pakati ku ka Abimeleki naba seShekem; aba seShekem ba m bumbuluzela uAbimeleki: 24 ukuba ubudhlova ob'enziwé kuwo amadodana a ngamashumi a isikombisa ka Jerubale bu fike, negazi lawo li bekwe pezu ku ka Abimeleki umfo wabo, owawabulalayo, na pezu kwaba seShekem, aba qinisa izandhla zake ukuba a ba bulale abafo wabo. 25 Aba seShekem ba m bekela abaqameli eziqongweni zezintaba, ba qwaga bonke aba be dhlula kubo nga leyo ndhlela: kwa bikwa ku Abimeleki.

26 Kwa se ku fika uGali ka Ebede nabafo wabo, wa dhlulela eShekem; aba seShekem ba m etemba. 27 Ba puma ba ya emasimini, ba vuna izivini zabo, ba nyatela amavini, b'enza umkosi, ba ngena endhlini ka nkulunkulu wabo, ba dhla, ba puza, ba tuka uAbimeleki. 28 UGali ka Ebede wa ti, Ubani uAbimeleki, ubani uShekem, ukuba si m konze? angiti u indodana ka Jerubale, uZebule u induna yake; konzani abantu ba ka Hamori uyise ka Shekem: kepa si ya kumkonzelani yena na? 29 Sengati laba bantu nga be sesandhleni sami! be ngi ya kumsusa uAbimeleki. Wa ti ku Abimeleki, Yandisa impi yako, u pume.

30 Kwa t'uba uZebule umpati womuzi ezwe amazwi ka Gali ka Ebede, ulaka lwake lwa vuta. 31 Wa s'e tuma izigijimi ku Abimeleki ngobuqili, wa ti, Bheka, uGali ka Ebede, nabafo wabo, ba fikile eShekem; naku, ba sindezela umuzi ukuba u lwe nawe. 32 Kalokuke suka ebusuku, wena nabantu aba nawe, u qamele endhle: 33 ko ti kusasa, li sa puma nje ilanga, wo vuka, u dumele umuzi; bheka, ko t'uba ku pume yena nabantu aba naye ukulwa nawe, u wenze kuye njengetuba olifumanayo.

34 Wa s'e suka ebusuku uAbimeleki nabantu bonke aba be naye ba ya ba qamela nga seShekem be izigaba ezine. 35 UGali ka Ebede wa puma w'ema entubeni yesango lomuzi; wa s'e suka uAbimeleki, nabantu aba be naye ekuqameleni. 36 Wa ti uGali ukubona abantu, wa ti ku Zebule, Nampaya, abantu b'ehla eziqongweni zezintaba. UZebule wa ti kuye, U bona amatunzi ezintaba kungati abantu. 37 UGali wa buya wa kuluma wa ti, Nampa b'ehla abantu okalweni lwezwe; isigaba esinye si y'eza ngendhlela yomoki wa seMeonenim. 38 UZebule wa se e ti kuye, Po, upi manje umlomo wako, o sho ngawo ukuti, U ngubani uAbimeleki, ukuba

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

si m konze? a sibo laba bantu obadeleleyo na? a ke u pume manje, u lwe nabo. 39 Wa puma uGali pambi kwaba seShekem, wa lwa noAbimeleki. 40 UAbimeleki wa m xosha, wa baleka pambi kwake; abaningi ba wa be kutshaziwe, kwa ze kwa ba na sentubeni yesango.

41 UAbimeleki w'aka eAruma: uZebule wa xosha uGali nabafo wabo, ukuba ba ng'aki eShekem. 42 Kwa ti ngangomso abantu ba ya endhle; kwa bikwa ku Abimeleki. 43 Wa se e tabata abantu, wa b'ahlukanisa wa b'enza izigaba ezintatu, wa qamela endhle; wa bheka, nampa abantu, be puma emzini; wa ba vukela, wa ba bulala. 44 UAbimeleki nezigaba eza zi naye, za dumela z'ema entubeni yesango lomuzi; izigaba ezibili za dumela bonke aba be sendhle, za ba bulala. 45 UAbimeleki wa lwa nomuzi nga lolo suku lonke; wa dhla umuzi, wa bulala abantu aba be kuwo: wa wu bidhliza umuzi, wa hlwanyela usaoti kuwo.

46 Ba ti ukuzwa loko bonke ba semboshongweni wa seShekem, ba ngena enqabeni yendhlu ka Eleberiti 47 Kwa bikwa ku Abimeleki ukuti bonke ba semboshongweni wa seShekem ba butene kona. 48 UAbimeleki wa s'enyukela entabeni iZalemon, yena nabantu bonke aba be naye; uAbimeleki wa tabata izembe ngesandhla, wa gaula igatsha emitini, wa li fukula, wa li beka ehlombe: wa ti ku bantu aba be naye, Loku eni ngi bone ngi kwenza sheshani ni kwenze njengami. 49 Ba se be gaula bonke abantu kwa ba ilowo igatsha lake, ba m landela uAbimeleki, ba wa beka enqabeni, ba yi tungela inqaba ngomlilo pezu kwabo; ba fa-ke bonke abantu ba semboshongweni wa seShekem, kungati, aba inkulungwane, abesilisa nabesifazana.

50 UAbimeleki wa se e ya eTebeze, wa li pakela impi iTebeze, wa li dhla. 51 Kepa kwa ku kona umboshongo oqinileyo pakati kwomuzi, ba balekela kona bonke abesilisa nabesifazana, nabo bonke abomuzi, ba zivalela pakati, b'enyukela opahleni lomboshongo. 52 UAbimeleki wa fika emboshongweni, wa lwa nawo, wa sondela emnyango womboshongo ukuba a wu shise ngomlilo. 53 Kepa owesifazana otile wa ponsa imbokondwe ekanda li ka Abimeleki, wa cimiza inhloko yake. 54 Wa s'e shesha e biza umfana, udibi lwezikali zake, wa ti kuye, Hosha inkemba yako u ngi bulale, funa ku tiwe ngami, Wa bulawa owesifazana. Umfana wake wa m bokodake, wa fa. 55 Amadoda a kwa Israeli a t'ukubona ukuti uAbimeleki u file, a hamba kwa ba ileyo ya ya endaweni yayo. 56 UNkulunkulu wa buyisela kanjalo ububi bu ka Abimeleki, owa e b'enzile ku yise ngokubulala abafo wabo aba ngamashumi a isikombisa; 57 nobubi bonke babantu ba seShekem uNkulunkulu wa bu buyisela pezu kwamakanda abo: kwa fika pezu kwabo isiqalekiso si ka Jotam ka Jerubale.

10 Kwa vela emva ku ka Abimeleki ukusindisa uIsraeli uTola ka Puwa ka Dodo, umuntu wa kwa Isakare; wa yakile eShamire, ezintabeni za kwa Efrayim. 2 W'ahlulela uIsraeli iminyaka e ngamashumi amabili nantatu, wa fa, w'embelwa eShamire.

3 Kwa vela emva kwake uJahire, umGiliyadi; w'ahlulela uIsraeli iminyaka e ngamashumi amabili nambili. 4 Wa e namadodana a ngamashumi amatatu a e kwela amatole ezimbongolo a ngamashumi amatatu, a e nemizi e ngamashumi amatatu e tiwa iHavoti-jahire na namhla, e sezweni la kwa Giliyadi. 5 Wa fa uJahire, w'embelwa eKamon.

6 Aba kwa Israeli ba pinda ukwenza okubi emehlweni ka Jehova, ba konza oBali na oAshtaroti, na onkulunkulu ba seSiriya, na onkulunkulu ba seSidon, na onkulunkulu ba kwa Moabe, na onkulunkulu baba kwa Amon, na onkulunkulu bamaFilisti; ba m shiya uJehova, a ba m konza. 7 Ulaka lu ka Jehova lwa vuta nga ku Israeli, wa tengisa ngabo esa-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UIsraeli u hlutshwa uAmon. UJefta u tumela izigijimi.

ndhleni samaFilisti, na sesandhleni saba kwa Amon. 8 Ba ba hlupa, ba ba pata ngoshaba aba kwa Israeli nga lowo mnyaka; iminyaka e ishumi nesishiyangalombili ba pata ngoshaba bonke aba kwa Israeli aba be ngapesheya kweJordan, ezweni lama-Amori, eli seGiliyadi. 9 Futi, aba kwa Amon ba wela iJordan, ukuba ba lwe noJuda, noBenjamin, nendhlu ka Efrayim; wa ze wa nyinyeka kakulu uIsraeli.

10 Aba kwa Israeli ba se be kala ku Jehova, ba ti, S'onile kuwe, ngokuba si m shiyile uNkulunkulu wetu, sa konza oBale. 11 Wa ti ke uJehova kwaba kwa Israeli, A ngi ni sindisanga yini kubo aba sEgipite, na ku maAmori, na kwaba kwa Amon, na ku maFilisti? 12 AmaSidon, namaAmaleki, namaMahon a ni bandezela; na kala kimi, nga se ngi ni sindisa esandhleni sawo. 13 Noko ni ngi shiyile, na konza abanye onkulunkulu; ngakoke a ngi yi kupinda ngi ni sindise. 14 Hambani, ni yo kala konkulunkulu enibaketileyo; ma ba ni sindise ngesikati sosizi lwenu. 15 Aba kwa Israeli ba ti ku Jehova, S'onile: yenza kitina okufaneleyo emehlweni ako; kepa a ke u s'opule namhla. 16 Ba se be susa onkulunkulu bezizwe pakati kwabo, ba konza uJehova; inhliziyo yake ya dinwa usizi lwaba kwa Israeli.

17 Aba kwa Amon ba se be butana ba ngenisa kwa Giliyadi; aba kwa Israeli ba butana ba ngenisa eMizpa. 18 Abantu, izikulu za kwa Giliyadi, za kuluma zodwa, za ti, Umupi umuntu o ya kuqala ukulwa naba kwa Amon? yena u ya kuba inhloko yabantu bonke ba kwa Giliyadi.

11 Kepake uJefta, umGiliyadi, wa e isiqwaga esi iqawe, e indodana yesifebe: uGiliyadi wa zala uJefta. 2 Umka Giliyadi wa m zalela amadodana; a ti amadodana omkake ukuba a kule, a m xosha uJefta, a ti kuye, A u yi kulidhla ifa endhlini ka baba; ngokuba u indodana yowesifazana omunye. 3 UJefta wa s'e balekela abafo wabo, wa yo hlala ezweni la seTobe; kwa butana ku Jefta amayiyane a puma naye.

4 Kwa ti emva kwesikati aba kwa Amon ba lwa naba kwa Israeli. 5 Kwa ti ke aba kwa Amon se be lwa naba kwa Israeli, amalunga a kwa Giliyadi a ya kumlanda uJefta ezweni la seTobe; 6 a ti ku Jefta, Woza, u be umholi wetu, si lwe naba kwa Amon. 7 Wa ti uJefta ku malunga a kwa Giliyadi, A ni ngi zondanga yini, na ngi xosha endhlini ka baba na? po ni zeleni kimi manje ekukatazekeni kwenu? 8 Amalunga a kwa Giliyadi a ti ku Jefta, Si buyele ngaloku kuwe manje, ukuba u hambe nati, u lwe naba kwa Amon; u be inhloko yetu pezu kwabantu bonke ba kwa Giliyadi. 9 UJefta wa ti ku malunga a kwa Giliyadi, Uma ni ngi buyisela pela ukuba ngi lwe naba kwa Amon, uJehova e ba kapela kiti pambi kwami, ngo ba inhloko yenu na? 10 A ti amalunga a kwa Giliyadi ku Jefta, UJehova ma ka be ufakazi pakati kwetu; impela so kwenza njengezwi lako. 11 UJefta wa s'e hamba namalunga a kwa Giliyadi, abantu ba m enza inhloko nomholi pezu kwabo; uJefta wa kuluma onke amazwi ake pambi ku ka Jehova, eMizpa.

12 UJefta wa tumela izigijimi enkosini yaba kwa Amon, wa ti, u na msebenzi muni nami, ukuba u ze kimi ukulwa nezwe lami? 13 Inkosi yaba kwa Amon ya pendula izigijimi zi ka Jefta ya ti, Ngokuba uIsraeli wa tabata izwe lami ekwenyukeni kwake Egipite, ku suka eArnon ku ze ku fike eJaboki na seJordan; buyisa pela lawa mazwe ngokutula. 14 Wa s'e pinda uJefta wa tuma izigijimi enkosini yaba kwa Amon, 15 wa ti kuyo, U sho uJefta, u ti: UIsraeli ka tabatanga izwe la kwa Moabe, nezwe laba kwa Amon; 16 kwa ti nje ukwenyuka kwabo Egipite uIsraeli e hamba ehlane, wa za wa fika eLwandhle oluBomvu, wa fika eKadeshe; 17 uIsraeli wa se e tumela izigijimi enkosini ya kwa Edom,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Isitembiso si ka Jefta.

wa ti, A ke ngi dabule ezweni lako; kepa inkosi ya kwa Edom a i lalelanga. Wa tumela kanjalo enkosini ya kwa Moabe; kepa ka i vumanga: uIsraeli wa hlalake eKadeshe. 18 Wa s'e hamba ehlane wa zungeza izwe la kwa Edom, nezwe la kwa Moabe, w'eza nga sempumalanga kwezwe la kwa Moabe, wa ngenisa pesheya kweArnon; a ba ze ba ngena emkaulweni wa kwa Moabe, ngokuba iArnon la li umkaulo wa kwa Moabe. 19 UIsraeli wa tuma izigijimi ku Sihon inkosi yamaAmori, inkosi ya seHeshbon; wa ti kuye uIsraeli, A ke si dabule ezweni lako, si ye endaweni yami. 20 Kepa uSihon ka m etembanga uIsraeli ukuba a dabule ezweni lake; uSihon wa buta abantu bonke bake, ba ngenisa eJahaze, wa lwa noIsraeli. 21 UJehova uNkulunkulu ka Israeli, wa kapela uSihon nabantu bonke bake esandhleni si ka Israeli, ba ba bulala: uIsraeli wa dhla izwe lonke lamaAmori, abantu ba lelo zwe. 22 Ba dhla izwe lonke lamaAmori, ku suka eArnon ku ze ku fike eJaboki, ku suka ehlane ku ze ku fike eJordan. 23 Kunjalo uJehova, uNkulunkulu ka Israeli, u xoshile amaAmori pambi kwabantu bake, uIsraeli; wena u ya kulidhla izwe lawo na? 24 A u yi kudhla lelo uKemoshi unkulunkulu wako a ku nika lona ukuba u li dhle na? Ku njaloke bonke aba xoshwa uJehova uNkulunkulu wetu pambi kwetu elabo li ya kudhliwa yitina. 25 Po u yintoni wena kunoBalaki ka Zipore, inkosi ya kwa Moabe? wa ke wa xabana nokuxabana noIsraeli, wa ke wa lwa nokulwa nabo na? 26 Yini ukuba uIsraeli e s'akile eHeshbon nemizana yalo, na seArohere nemizana yalo, na semizini yonke e gudhla iArnon, iminyaka e ngamakulu amatatu, ni nga y'opulanga nga leso sikati na? 27 A ng'onangake kuwe, kepa wena u ng'enzela okubi ngokulwa nami: uJehova uMahluli, k'ahlulele namhla pakati kwaba kwa Israeli naba kwa Amon. 28 Noko inkosi yaba kwa Amon a i lalelanga amazwi ka Jefta, awatumayo kuyo.

29 Kwa se ku fika uMoya ka Jehova ku Jefta, wa dhlula kwa Giliyadi na kwa Manase; wa dhlula na seMizpe la kwa Giliyadi, w'esuka eMizpe la kwa Giliyadi, wa dhlulela kwaba kwa Amon. 30 UJefta wa tembisa ngesitembiso ku Jehova, wa ti, Uma u kapela nokukapela aba kwa Amon esandhleni sami, 31 ku za kuti, loko okupumayo ngeminyango yendhlu yami ukungihlangabeza, nxa ngi buya ngokutula kwaba kwa Amon, ko ba oku ka Jehova, ngi ku nikele ku be umnikelo oshiswayo. 32 UJefta wa dhlulela-ke kwaba kwa Amon ukulwa nabo; uJehova wa ba kapela esandhleni sake. 33 Wa ba bulala ku suka eArohere ku ze ku fike eMiniti, imizi e ngamashumi amabili, ku ze ku fike eAbele-keramim, wa ba ceka ngokuceka okukulu. Kwa njalo aba kwa Amon ba vovwa pambi kwaba kwa Israeli.

34 UJefta wa fika eMizpa endhlini yake; nansoke indodakazi yake i puma ukumhlangabeza, i za ngezigubu nokusina: ya i ngumntanake o yedwa qwi, ngapandhle kwayo wa e nge na ndodana na ndodakazi. 35 Kwa ti, e se yi bona wa hxebula izingubo zake, wa ti, Maye, mntanami! u ngi tobisile kakulu; u ngowabangihlupayo; ngoba ngi vulile umlomo wami ku Jehova, ngi nge buye. 36 Ya ti kuye, Baba u su vulile umlomo wako ku Jehova; yenza kimi njengokupumileyo emlonyeni wako, loku uJehova u ku pindisele eziteni zako, aba kwa Amon. 37 Ya ti ku yise, Ma ng'enzelwe loku: ngi yeke izinyanga ezimbili ukuba ngi ye ng'ehlele ezintabeni, ngi lilele ubuntombi bami, mina nabangane bami. 38 Wa s'e ti, Hamba. Wa yi mukisa izinyanga ezimbili: ya hamba nabangane bayo, ya lilela ubuntombi bayo ezintabeni. 39 Kwa ti ekupeleni kwezinyanga ezimbili ya buyela ku yise, w'enza kuyo njengesitembiso sake, a be tembisile ngaso: ya i nga hlangananga nandoda. Kwa ve-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

lake umkuba kwa Israeli, 40 ukuba amadodakazi a kwa Israeli a ye iminyaka ngeminyaka a tuse indodakazi ka Jefta umGiliyadi izinsuku ezine ngomnyaka.

12 Amadoda a kwa Efrayim a butana a ya nga senyakato; a ti ku Jefta, U dhluleleni ukuyo kulwa naba kwa Amon, u nga si bizanga si hambe nawe? si zo shisa indhlu yako pezu kwako ngomlilo. 2 UJefta wa ti kubo, Mina nabantu bami sa si bambene kakulu naba kwa Amon; kwat'uba ngi ni biza, a ni ngi sindisanga esandhleni sabo. 3 Lapo se ngi bonile ukuti ,a ni ngi sindisanga, nga zidel'amatambo nga dhlulela kwaba kwa Amon, uJehova wa ba kapela esandhleni sami: po n'enyukeleleni kimi namhla ukulwa nami? 4 UJefta wa s'e buta amadoda onke a kwa Giliyadi, wa lwa noEfrayim; amadoda a kwa Giliyadi a cita amaEfrayim, ngokuba wa e tize, Nina ni ngababalekileyo ku maEfrayim nina maGiliyadi, pakati kwa kwa Efrayim na kwa Manase. 5 AmaGiliyadi a vimba amazibuko a seJordan pambi kwamaEfrayim. Kwa ti, nxa obalekileyo ku maEfrayim e ti, Ma ngi wele, amadoda a kwa Giliyadi a ti kuye, U ngumEfrayim na? Uma e ti, Qa; 6 a ti kuye, Yitike, Shiboleti, a be se ti, Siboleti, ngokuba e nge na kulimisa ngokukuluma: a s'e m bamba, a m bulala emazibukweni a seJordan. Kwa wa nga leso sikati amaEfrayim a izinkulungwane ezi ngamashumi amane nambili.

7 UJefta w'ahlulela uIsraeli iminyaka e isitupa. Wa fa-ke uJefta umGiliyadi, w'embelwa emzini omunye wa kwa Giliyadi.

8 Emva kwake uIbezan wa seBetelehem w'ahlulela uIsraeli. 9 Wa e namadodana a ngamashumi amatatu; w'endisa amadodakazi a ngamashumi amatatu; wa tabatela amadodana ake izintombi ezi ngamashumi amatatu. W'ahlulela uIsraeli iminyaka e isikombisa. 10 UIbezan wa fa, w'embelwa eBetelehem.

11 Emva kwake uElon, umZebulun, w'ahlulela uIsraeli; w'ahlulela uIsraeli iminyaka e ishumi. 12 UElon umZebulun wa fa w'embelwa eAjalon ezweni la kwa Zebulun.

13 Emva kwake uAbedon ka Hileli, umPiraton, w'ahlulela uIsraeli. 14 Wa e namadodana a ngamashumi amane, namadodana amadodana ake a ngamashumi amatatu, a kwela amatole ezimbongolo amashumi a isikombisa: w'ahlulela uIsraeli iminyaka e isishiyangalombili. 15 Wa fa uAbedon ka Hileli umPiraton, w'embelwa ePiraton ezweni la kwa Efrayim, ezintabeni zamaAmaleki.

13 Aba kwa Israeli ba pinda b'enza okubi emehlweni ka Jehova; uJehova wa ba kapela esandhleni samaFilisti iminyaka e ngamashumi amane.

2 Kwa ku kona umuntu otile wa seZora, womndeni wamaDan, o gama lake la li nguManowa; umkake wa e inyumba, e nga zali. 3 Ingelosi ka Jehova ya bonakala ku lo wesifazana, ya ti kuye, Bhekake, u inyumba, a u zali; kepa u ya kukulelwa, u zale indodana. 4 A ke u xwaye manje, u nga puzi iwayini, nopuzo olu namandhla, u nga dhli uto olungcolileyo; 5 ngoba bheka, u ya kukulelwa, u zale indodana; insingo a i yi kuza ekanda layo; ngokuba umntwana u ya kuba umNaziri ku Nkulunkulu kwa sesiswini: u ya kuqala ukusindisa uIsraeli esandhleni samaFilisti. 6 Owesifazana wa s'e yo bika endodeni yake, wa ti, Ku fike kimi umuntu ka Nkulunkulu, isimo sake si fana nesimo sengelosi ka Nkulunkulu, s'esabeka kakulu; a ngi m buzanga ukuba u velapi, naye ka ngi tshelanga igama lake; 7 kepa u te kimi, Bheka, u ya kukulelwa, u zale indodana; u z'u nga puzi iwayini nopuzo olu namandhla, u nga dhli uto olungcolileyo; ngokuba umntwana u ya kuba umNaziri ku Nkulunkulu kwa sesiswini ku ze ku be sosukwini lokufa kwake.

8 UManowa wa s'e m ncenga uJehova, wa ti, E, Nkosi, lo muntu ka Nkulunkulu omtumileyo ka buyele pela kiti, a si fundise esi ya kukwe-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umbono wengelosi. USamson u tata umfazi. U bulala ingonyama.

nza ku mntwana o za kuzalwa. 9 UNkulunkulu wa lalela izwi li ka Manowa; ingelosi ka Nkulunkulu ya buyela kowesifazana e hlezi ensimini: e ngeko uManowa indoda yake. 10 Wa s'e shesha owesifazana, wa gijima, wa tshela indoda yake, wa ti, Bheka, u bonakele kimi lowo muntu owa fika kimi nga loluya suku. 11 W'esuka uManowa, wa landela umkake, wa fika ku lowo muntu, wa ti kuye, Nguwe umuntu o kulume nowesifazana na? Wa ti, Ngi nguye. 12 Wa ti uManowa, Ma kwenzeke amazwi ako: lo ba njani isiko lomntwana, si ya kwenzani kuye? 13 Ya ti ingelosi ka Jehova ku Manowa, Konke engakushoyo kowesifazana, ma ka ku xwaye. 14 Ka nga dhli uto olu vela emvinini, ka nga puzi iwayini nopuzo olu namandhla, ka nga dhli uto olungcolileyo; konke enga m yala ngako ma ka ku gcine.

15 Wa ti uManowa kuyo ingelosi ka Jehova, A ke si ku libazise, si ku lungisele icwane lembuzi. 16 Ya ti ingelosi ka Jehova ku Manowa, Noma u ngi libazisa, a ngi yi kudhla ukudhla kwako; uma u lungisa umnikelo oshiswayo, wo wu nikela ku Jehova. Ngokuba uManowa wa e ng'azi ukuti u ingelosi ka Jehova. 17 Wa ti uManowa kuyo ingelosi ka Jehova, Ubani igama lako, ukuba si ku nike udumo, nxa se kwenzekile amazwi ako? 18 Ya ti ingelosi ka Jehova, U buzelani igama lami, loku li ummangaliso? 19 UManowa wa tabata icwane lembuzi, nomnikelo wempupu, wa ku nikela ku Jehova etsheni; ya se y'enza okumangalisayo; uManowa nomkake ba bukela. 20 Kwa ti, ilangabi li sa puma elatini lenyukela nga sezulwini, ingelosi ka Jehova y'enyuka elangabini lelati: ba bukela uManowa nomkake; ba se be ti mbo ngobuso pansi emhlabatini.

21 Ingelosi ka Jehova a ya be i sa bonakala ku Manowa nomkake. Kad'uba azi uManowa ukuti, yingelosi ka Jehova. 22 UManowa wa ti ku mkake, Si zo kufa nokufa ngokuba si bone uNkulunkulu. 23 Kepa umkake wa ti kuye, Uma uJehova e be tanda ukusibulala, nga e nga w'amkelanga esandhleni setu umnikelo oshiswayo, nomnikelo wempupu, nga e nga si bonisanga konke loku, nga e nga si tshelanga okunje nga lesi sikati. 24 Owesifazana wa zala indodana, wa qamba igama layo ngokuti uSamson: wa kulake umntwana, uJehova wa m busisa. 25 UMoya ka Jehova wa qala ukumvusa eMahanedan pakati kweZora neEshtawoli.

14 USamson w'ehlela eTimna wa bona owesifazana eTimna wamadodakazi amaFilisti. 2 W'enyuka wa tshela uyise nonina, wa ti, Ngi bone owesifazana eTimna wamadodakazi amaFilisti: ngi tabateleni yena pela a be umkami. 3 Wa s'e ti kuye uyise nonina, A muko yini owesifazana emadodakazini abafo wenu, na ku bantu bonke ba kiti, ukuba u ye kuganwa kumaFilisti a nga sokile? Wa ti ke uSamson ku yise, Ngi tabatele yena, ngokuba u ngi hlaba umxwele. 4 Ba be ng'azi uyise nonina ukuti loku ku vela ku Jehova; ngokuba wa e funa ituba lokulwa namaFilisti. Nga leso sikati amaFilisti a e busa uIsraeli.

5 W'ehlake uSamson noyise nonina ba ya eTimna, ba fika ezivinini za seTimna: nantoke ibhongo lengonyama li m vimbela li bhonga. 6 UMoya ka Jehova wa m fikela ngamandhla, wa li dwengula kwangati u dwengula icwane lembuzi; wa e nga pete luto esandhleni sake: ka ba tshelanga oyise nonina akwenzileyo. 7 W'ehlake, wa kuluma na lo wesifazana; wa m hlaba umxwele uSamson. 8 Emva kwesikati wa buya ukuba a m tabate; wa pambuka ukuyo bona isidumbu sengonyama: nantoke iqulo lezinyosi noju esidunjini sengonyama. 9 Wa zi tapake ngezandhla zake, wa hamba, e hamba e dhla, wa ya wa fika ku yise nonina, wa ba pa, ba dhla nabo: kepa ka ba tshelanga ukuti u tape izinyosi esidunjini sengonyama.

10 Uyise w'ehlela ku lo wesifazana: uSamson w'enza kona idili; ngo-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kuba za z'enze njalo izinsizwa. 11 Ba ti ke ukumbona, ba leta aba ngamashumi amatatu ukuba ba be abangane bake, ba be naye. 12 Wa s'e ti kubo uSamson, Ma ngi sho imfumbe kini: uma ni nga yi veza kimi ezinsukwini ezi isikombisa zedili, ni yi fumane, ngi ya kuninika izambato zelineni ezi ngamashumi amatatu, nezingubo zokupendulela ezi ngamashumi amatatu; 13 kepa uma ni nge namandhla ukuyiveza kimi, ni ya kunginika izambato zelineni ezi ngamashumi amatatu, nezingubo zokupendulela ezi ngamashumi amatatu. Ba se be ti kuye, Yisho pela imfumbe yako, si yi zwe. 14 Wa s'e ti kubo,

Kodhlayo kwa puma ukudhla,
Ko namandhla kwa puma okumnandi.

Ba be nge namandhla ukuyiveza imfumbe ngezinsuku ezintatu.

15 Kwa ti ngosuku lwesikombisa, ba ti ku mka Samson, M wunge umnyeni wako ukuba a si tshele leyo mfumbe, funa si ku shise wena nendhlu ka yihlo ngomlilo: ni si memele ukuba ni si dhle na? a ku njalo na? 16 Umka Samson wa kalake pambi kwake, wa ti, U ya ngi zonda, a u ngi tandi: u shilo imfumbe kwaba kiti, a u ngi tshelanga yona. Wa ti kuye, Bheka, a ngi m tshelanga ubaba nomame, ngi za kukutshela wena na? 17 Wa kala pambi kwake lezo zinsuku ezi isikombisa li se kona idili; kwa ti ngosuku lwesikombisa wa m tshela, ngokuba e m xinile; wa s'e ba tshela abantwana babantu ba kubo imfumbe. 18 Abantu bomuzi ba ti kuye ngosuku lwesikombisa, ilanga li nga ka shoni, Intoni e mnandi kunezinyosi? intoni e namandhla kunengonyama? Wa ti kubo,

Uma be ni nga limanga ngesitole sami,
Nga be ni nga yi fumananga imfumbe yami.

19 UMoya ka Jehova wa m fikela ngamandhla, w'ehlela eAshkelon, wa bulala abantu aba ngamashumi amatatu ku bona, wa tabata a ku hlubula kubo, wa ba nika aba veze imfumbe izingubo zokupendulela. Lwa vuta ulaka lwake, w'enyukela endhlini ka yise. 20 Umka Samson wa nikwa ku mngane wake owa be isihlobo kuye.

15 Kwa ti emva kwesikati, ngesikati sokuvuna ukolweni, uSamson wa hambela ku mkake, e necwane lembuzi; wa ti ke, Ngi ya kungena ku mkami ekamelweni. Kepa uyise womkake wa e nga vumi ukuba a ngene. 2 Wa ti uyise, Be ngi ti impela u ya m ala nokumala; nga m nika umngane wako: udade wabo omelamayo ka muhle kunaye na? m tate pela endaweni ya lowo. 3 USamson wa ti kubo, Manjeke a ngi yi kuba nacala ngawo amaFilisti uma ngi w'enzela okubi. 4 Wa hamba uSamson wa bamba amakanka a ngamakulu amatatu, wa tabata izihlanti, wa bhekanisa imisila, wa beka isihlanti pakati kwemisila nga mibili. 5 E se zi tungele izihlanti ngomlilo, wa wa yeka a ya pakati kwamabele a sezinhlangeni amaFilisti, wa shisa izita namabele a sezinhlangeni, kanye neminqumo. 6 A s'e ti amaFilisti, Loku kwenziwe ubani na? Kwa tiwa, NguSamson, umkwenyana womTimna, ngokuba u tabate umkake, wa m nika umngane wake. A s'enyuka amaFilisti, a m shisa yena nendhlu ka yise ngomlilo. 7 USamson wa ti kuwo, Uma n'enze nje, impela ngi ya kupindisa kini, andubake ngi yeke. 8 Wa ba debeza umlenze netanga ngokuceka okukulu: w'ehla wa hlala ofanteni lwewa la seEtam.

9 A s'enyuka amaFilisti, a ngenisa kwa Juda, a ti shaye eLehi. 10 Amadoda a kwa Juda a ti, N'enyukeleni ukulwa nati na? Ba ti, S'enyukele ukubopa uSamson, s'enze kuye njengaloku enze kitina. 11 A s'esuka amadoda a kwa Juda a izinkulungwane ezintatu, ehlela ofanteni lwewa la seEtam, a ti ku Samson, A wazi yini ukuti amaFilisti a ya si busa? ku yini loku okwenzileyo kitina na? Wa ti kuwo, Njengaloko a kwenze kimi, ng'enze njalo ku wona. 12 A ti kuye, S'ehlile ukuba si ku bope, si

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umhlati wembongolo. Izicabha zeGaza. U yengwa uDelila.

ku kapele esandhleni samaFilisti. USamson wa ti kuwo, Fungani kimi ukuti a ni yi kung'ehla nina. 13 A sho kuye, a ti, Ayi, kodwa so ku bopa si ku ti ngqi, si ku kapele esandhleni sawo: a si yi kukubulala neze. Ba se be m bopa ngezintambo ezimbili ezintsha, ba m enyusa eweni.

14 Wa ti ukufika eLehi amaFilisti a m hlangabeza e hlokoma: uMoya ka Jehova wa m fikela ngamandhla, iziintambo eza zi sezingalweni zake za ba njengeflakisi elishileyo ngomlilo, nezibopo zake za gqashuka z'esuka ezandhleni zake. 15 Wa fumana umhlati omusha wembongolo, w'elula isandhla sake, wa wu tabata, wa bulala abantu aba inkulungwane ngawo. 16 USamson wa ti,

Ngomhlati wembongolo, izinqwaba ngezinqwaba,
Ngomhlati wembongolo ngi bulele abantu aba inkulungwane.

17 Kwa ti, e se qedile ukukuluma, wa lahla umhlati esandhleni sake; leyo ndawo ya qanjwa ngokuti iRamati-lehi. 18 Wa e s'omile kakulu, wa kuleka ku Jehova, wa ti, Wenzile lolu sindiso olukulu ngesandhla senceku yako; kepa manje ngi ya kufa nje ngokoma, ngi we esandhleni saba nga sokile. 19 UNkulunkulu wa s'e dabula umgoxi o seLehi, kwa puma amanzi kuwo; wa t'ukupuza, umoya wake wa buya, wa hlumeleleka: ngakoke kwa qanjwa igama lawo ngokuti iEn-hakore, eli seLehi na namhla. 20 W'ahlulela uIsraeli ezinsukwini zamaFilisti iminyaka e ngamashumi amabili.

16 USamson wa ya eGaza, wa bona kona isifebe, wa ngena kuso. 2 Kwa bikwa ku maGaza, kwa tiwa, USamson u fikile lapa. Ba se be m haqa, ba m qamela ubusuku bonke esangweni lomuzi, ba tula ubusuku bonke, ba ti, A ku ze ku kanye ukusa, si m bulale. 3 USamson wa lala kwa ze kwa ba pakati kwobusuku, wa vuka pakati kwobusuku, wa bamba izicabha zesango lomuzi, nezinsika zombili, wa zi ncotula kanye nomvalo, wa zi beka emahlombe ake, w'enyuka nazo wa ya esiqongweni sentaba e bhekene neHebron.

4 Kwa ti, emva kwa loko wa tanda owesifazana esihlanjeni sa seSoreki, o gama lake la li nguDelila. 5 Amakosi amaFilisti enyukela kuye, a ti kuye, Mu wunge, u bone ukuba api amandhla ake amakulu, nokuba si nga m ahlula ngani, ukuze si m bope, si m hlupe; so ku nika sonke ngabanye izinhlamvu zesiliva ezi inkulungwane nekulu. 6 Wa ti uDelila ku Samson, A ku ngi tshele pela ukuba api amandhla ako amakulu, nokuba u nga boshwa ngani u hlushwe. 7 USamson wa ti kuye, Uma be ngi bopa ngemicilo e isikombisa yosinga olumanzi e nga k'omi, ngi ya kuba butakataka, ngi be njengomunye umuntu. 8 Kona amakosi amaFilisti a leta kuye imicilo e isikombisa yosinga olumanzi e nga k'omi, wa m bopa ngayo. 9 Wa e nabaqameli be hlezi ekamelweni eli pakati. Wa ti kuye, AmaFilisti a pezu kwako, Samson. Wa s'e gqabula imicilo yosinga njengentambo yeflakisi i gqabuka nxa i zwa umlilo. Amandhla ake a k'aziwanga.

10 UDelila wa ti ku Samson, Bheka, u dhlale ngami, wa ngi tshela amanga: kaloku ngi tshele pela ukuba u nga boshwa ngani. 11 Wa ti kuye, Uma be ngi bopa ba ngi qinise ngamagoda amasha, oku nga setshenzwanga ngawo, ngi ya kuba butakataka, ngi be njengomunye umuntu. 12 UDelila wa tabata amagoda amasha, wa m bopa ngawo, wa s'e ti kuye, AmaFilisti a pezu kwako, Samson. Abaqameli ba be hlezi ekamelweni eli pakati. Wa s'e wa gqabula ezingalweni zake, kungati umucu nje.

13 UDelila wa ti ku Samson, Kade wa u dhlala ngami, u ngi tshela amanga; ngi tshele pela ukuba u nga boshwa ngani. Wa ti kuye, Uma waluka izihlutu ezi isikombisa zekanda lami ngezintambo zokwaluka. 14 Wa s'e zi betela ngesikonkwane, wa ti kuye, AmaFilisti a pezu kwako,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Samson. Wa vuka ebutongweni, wa ncotula isikonkwane soti, nezintambo zokwaluka.

15 Wa ti kuye, U nga sho kanjani ukuti, u ya ngi tanda, inhliziyo yako i ngeko kimi? U su dhlale ngami katatu, a u ngi tshelanga ukuba api amandhla ako amakulu. 16 Kwa ti, njengokuba e de e m xina ngamazwi ake imihla ngemihla, e m gqugquza, wa dinwa umpefumulo wake okwokuba a fe. 17 Wa m tshelake inhliziyo yonke yake, wa ti kuye, Insingo a i zanga i fike ekanda lami; ngokuba be ngi umNaziri ku Nkulunkulu kwa sesiswini si ka mame: uma ngi puculwa, amandhla ami a ya kumuka kimi, ngi be butakataka, ngi be njengabantu bonke.

18 UDelila wa ti ukubona ukuti u m tshelile inhliziyo yonke yake, wa tuma wa biza amakosi amaFilisti, e ti, Yenyukani kanye, ngoba u ngi tshelile inhliziyo yonke yake. Amakosi amaFilisti a s'enyukela kuye, a pata imali esandhleni sawo. 19 Wa m lalisa ubutongo ematangeni ake; wa biza umuntu, wa pucula izihlutu ezi isikombisa zekanda lake; wa qala ukumhlupa, a s'emuka kuye amandhla ake. 20 Wa ti, AmaFilisti a pezu kwako, Samson. Wa s'e vuka ebutongweni, wa ti, Ngi ya kupuma njenga kwezinye izikati, ngi zituntute. Wa e ng'azi ukuti uJehova u mukile kuye. 21 AmaFilisti a m bamba, a kipa amehlo ake; a m ehlisela eGaza, a m bopa ngamaketanga etusi; wa sila etilongweni. 22 Noko izinwele zekanda za qala ukuhluma futi, e se puculiwe.

23 Amakosi amaFilisti a butana ukuba a m hlabele uDagon unkulunkulu wawo umhlatshelo omkulu, a tokoze, ngokuba a ti, Unkulunkulu wetu u kapele uSamson isita setu esandhleni setu. 24 Ba ti ukumbona abantu, ba dumisa unkulunkulu wabo; ngokuba ba ti, Unkulunkulu wetu u kapele esandhleni setu isita setu, no cita izwe letu, owa bulala abaningi ba kiti. 25 Kwa ti, izinhliziyo zabo se zi sasile, ba ti, Bizani uSamson, ukuba a s'enzele igidigidi. Ba m biza uSamson e setilongweni; w'enza igidigidi pambi kwabo. Ba m misa pakati kwezinsika: 26 uSamson wa ti ku mfana owa e m bambe ngesandhla, Ngi vumele ukuba ngi pumpute izinsika indhlu e mi ngazo, ng'encike kuzo. 27 Kepa indhlu ya i gcwele abesilisa nabesifazana; amakosi onke amaFilisti a e kona; kwa ku kona opahleni kungati izinkulungwane ezintatu abesilisa nabesifazana aba be m bukela uSamson enza igidigidi.

28 USamson wa kuleka ku Jehova, wa ti, E Nkosi Jehova, a ke u ngi kumbule, a ke u ngi qinise ku be kanye nje kupela, Nkulunkulu, ukuba ngi pindise ngempindiselo i benye ku maFilisti ngenxa yamehlo ami omabili. 29 USamson wa s'e bamba izinsika ezimbili za pakati indhlu e mi ngazo, w'eyama kuzo, kwenye ngesandhla sokunene, kwenye ngesandhla sokohlo. 30 Wa ti uSamson, Ma ngi fe namaFilisti. Wa kotama ngamandhla ake onke; indhlu ya wela pezu kwamakosi, na pezu kwabantu bonke aba be kuyo. Abafileyo ababulalayo ekufeni kwake ba be baningi kunabo ababulalayo ekupileni kwake. 31 Ba se b'ehla abafo wabo nayo yonke indhlu ka yise, ba m tabata, b'enyuka naye, ba m mbela pakati kweZora neEshtawoli etuneni li ka Manowa uyise. W'ahlulela uIsraeli iminyaka e ngamashumi amabili.

17 Kwa ku kona umuntu wa sezintabeni za kwa Efrayim, o gama lake la li nguMika. 2 Wa ti ku nina, Lezo zinhlamvu zesiliva ezi inkulungwane nekulu, eza tatwa kuwe, owaziqalekisayo, wa kuluma ngazo ezindhlebeni zami, bheka, isiliva li kimi; la tatshatwa yimi. Unina wa ti, I busisiwe uJehova indodana yami. 3 Wa buyisela ku nina lezo zinhlamvu zesiliva ezi inkulungwane nekulu; unina wa ti, Ngi ya ngcwelisa nokungcwelisa leli siliva ku Jehova li vela esandhleni sami, li be elendodana yami, ukuba kwenziwe ngalo isitombe esibaziweyo nesitombe esi-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UMika nezitombe zake. Aba kwa Dan ba funa ifa. Ba fika kwa Mika.

bunjiweyo: manjeke ngo li buyisela kuwe. 4 La e se yi buyisile imali ku nina, unina wa tabata izinhlamvu zesiliva ezi ngamakulu amabili, wa zi nika umncibilikisi, ow'enza ngazo isitombe esibaziweyo nesitombe esibunjiweyo: za hlala endhlini ka Mika. 5 Lowo muntu uMika wa e nendhlu ya onkulunkulu, w'enza iefodi, neterafi, w'ahlukanisela enye indodana yake, ya ba umpristi wake. 6 Nga lezo zinsuku kwa ku ngeko nkosi kwa Israeli: ilowo w'enza oku te ntse emehlweni ake.

7 Kwa ku kona insizwa ya seBetelehem-juda, yomndeni ka Juda, eya i ngumLevi; ya i te gozololo kona. 8 Lowo muntu w'emuka emzini, eBetelehem-juda, wa yo ti gozololo lapa e nga tola kona indawo; ekuhambeni kwake wa fika ezintabeni za kwa Efrayim, endhlini ka Mika. 9 UMika wa ti kuye, U velapi na? Wa ti kuye, Ngi ngumLevi wa seBetelehem-juda, ngi ya hamba ngo ti gozololo lapo ngi za kutola kona indawo. 10 UMika wa ti kuye, Hlala nami u be ubaba nompristi kimi; ngi ya kukunika izinhlamvu zesiliva ezi ishumi ngomnyaka, nezingubo ezilingeneyo, nokudhla. Wa ngenake umLevi. 11 W'aneliswa umLevi ukuhlala na lowo muntu; leyo nsizwa ya ba njengenye yamadodana ake kuye. 12 UMika wa se m ahlukanisela lo mLevi, leyo nsizwa ya ba umpristi wake, ya hlala endhlini ka Mika. 13 Wa s'e ti uMika, Kaloku ngi y'azi ukuti uJehova u ya kungenzela okuhle, loku ngi nomLevi o ngumpristi wami.

18 Nga lezo zinsuku kwa ku ngeko nkosi kwa Israeli: nga lezo zinsuku isizwe samaDan sa zifunela ifa lokwaka; ngokuba kwa za kwa ba ilolo suku be ng'abelwanga fa ezizweni za kwa Israeli. 2 Aba kwa Dan ba tuma amadoda a isihlanu omndeni wa kubo e puma kubo be bonke, amadoda a ngamaqawe a suka eZora, na seEshtawoli, ukuba a yo hlola izwe a li cinge; ba ti kuwo, Hambani, ni cinge izwe. A fikake ezintabeni za kwa Efrayim, endhlini ka Mika, a ngenisa kona. 3 Lapo se be nga sendhlini ka Mika, ba l'azi ipimbo lensizwa umLevi; ba se be pambukela kona, ba ti kuye, Wa letwa ubani lapa? wenzani ku le ndawo? u nantoni lapa? 4 Wa ti kubo, UMika u ng'enzele loku na loku, ngi toliwe uye, se ngi umpristi wake. 5 Ba se be ti kuye, A ke u buze ku Nkulunkulu, ukuze s'azi ukuba indhlela esi hamba ngayo i ya hlanhlazeleka yini? 6 Umpristi wa ti kubo, Hambani kahle: i pambi ku ka Jehova indhlela yenu eni hamba ngayo.

7 A hambake lawa madoda a isihlanu, a ya a fika eLayishe, a bona abantu aba pakati kwalo, ukuhlala kwabo be londekile, njengesiko lamaSidon, be zolile, be londekile; ngokuba kwa ku ngeko ezweni o namandhla ukuba a ba jabise nga luto, ba be kude namaSidon, be nge nandaba nabanye abantu. 8 Ba se be fika ku bafo wabo eZora na seEshtawoli: ba ti ke abafo wabo kubo, Ni tini na? 9 Ba ti, Sukani, a s'enyukele ukulwa nabo; ngokuba si bonile izwe; bheka, lihle kakulu: na tula na? ni ng'enqeni ukuhamba ni ngene ukuba ni li dhle leli zwe. 10 Nxa ni hamba ni ya kufika ku bantu abalondekileyo, izwe li banzi inxa zombili; ngokuba uNkulunkulu u ni nikile esandhleni indawo e nga sweli luto olu semhlabeni.

11 Kwa puma kona kuwo umndeni wamaDan, eZora na seEshtawoli, amadoda a ngamakulu a isitupa e bincile izikali zokulwa. 12 Enyuka, a ngenisa eKiriyati-jeharim, kwa Juda: ngakoke leyo ndawo ba yi biza ngokuti iMahane-dan na namhla; bheka, i nga le kweKiriyati-jeharim. 13 A dhlula kona a ya ezintabeni za kwa Efrayim, a fika endhlini ka Mika.

14 A s'e pendula lawa madoda a isihlanu, a be ye kohlola izwe la seLayishe, a ti ku bafo wabo, Ni y'azi nje ukuti ku kona ku lezi zindhlu iefodi, neterafi, nesitombe esibaziweyo nesitombe esibunjiweyo? qondanike kaloku ukuba ni za kwenzani. 15 Ba se be pambukela kona, ba fika

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ba tumba umpristi nezitombe. UmLevi nesancinza sake.

endhlini ya leyo nsizwa umLevi, kona endhlini ka Mika, ba yi buza impilo. 16 Lawo madoda a ngamakulu a isitupa a e bincile izikali zokulwa, e ngawa kwa Dan, ema entubeni yesango. 17 Lawo madoda a isihlanu a be ye kohlola izwe enyuka a ngena kona, a tabata isitombe esibaziweyo, neefodi, neterafi, nesitombe esibunjiweyo: umpristi w'ema nga sentubeni yesango namadoda a ngamakulu a isitupa a bincile izikali zokulwa. 18 Labo se be ngenile endhlini ka Mika, ba tabata isitombe esibaziweyo, neefodi, neterafi, nesitombe esibunjiweyo, umpristi wa ti kubo, N'enzani na? 19 Ba ti kuye, Tula, beka isandhla sako emlonyeni, u hambe nati, u be ubaba nompristi kiti: kuhle yini ukuba u be umpristi wendhlu yomuntu munye, kunokuba u be umpristi wesizwe nowomndeni kwa Israeli? 20 Ya se i sasa inhliziyo yompristi, wa tabata iefodi, neterafi, nesitombe esibaziweyo, wa ngena pakati kwabantu.

21 Ba pendukake b'emuka, ba beka izingane, nemfuyo, nempahla pambi kwabo. 22 Se be kashana nendhlu ka Mika, abantu aba be sezindhlini eza zi kufupi nendhlu ka Mika, ba hlatshelwa umkosi, ba ya ba fica aba kwa Dan. 23 Ba memeza kwaba kwa Dan. Ba se be guquka ba ti ku Mika, U nani ukuba u ze u butane? 24 Wa ti, Ni tate onkulunkulu bami engabenzayo, nompristi, n'emuka; ngi se nantoni na? po ni sho ngani kimi, ukuti, U nani na? 25 Aba kwa Dan ba ti kuye, Izwi lako ma li nga zwiwa pakati kwetu, funa izibeva zi n'ehlele, u fe kanye nomuzi wako. 26 Ba hambake ngendhlela yabo aba kwa Dan: uMika wa ti ukubona ukuti ba namandhla kunaye, wa penduka wa buyela endhlini yake.

27 Ba tabata a be kwenzile uMika, nompristi owa e naye, ba fika eLayishe, ku bantu aba zolile be londekile, ba ba bulala ngobukali benkemba; ba shisa umuzi ngomlilo. 28 Kwa ku ngeko mopuli, ngokuba kwa ku kude neSidon; ba be nge nandaba nabanye abantu; wa u sesigodini esi nga seBete-rehobe. Ba w'aka umuzi, ba hlala kuwo. 29 Ba qamba igama lomuzi ngokuti iDan, ngegama li ka Dan uyise, owa zalwa uIsraeli: kepa igama lomuzi la li iLayishe kuqala. 30 Aba kwa Dan ba zimisela isitombe esibaziweyo; uJonatan ka Gershom ka Moses, yena namadodana ake ba be ngabapristi esizweni samaDan kwa za kwa fika usuku lokutunjwa kwezwe. 31 Ba zimisela isitombe esibaziweyo si ka Mika, a be s'enzile, isikati sonke indhlu ka Nkulunkulu eya i kona eShilo ngaso.

19 Kwa ti ke nga lezo zinsuku, ku ngeko nkosi kwa Israeli, kwa ku kona umLevi otile ete gozololo ezintabeni za kwa Efrayim ngalapaya, owa zitabatela isancinza eBetelehem-juda. 2 Isancinza sake sa m gilela ubufebe, sa muka kuye, sa ya endhlini ka yise eBetelehem-juda, sa hlala kona isikati, izinyanga ezine. 3 Umyeni waso w'esuka, wa si landela, ukuba a kulume enhliziyweni yaso, a si buyise, e hamba nomfana wake nezimbongolo ezimbili: sa m ngenisa endhlini ka yise: wa ti uyise wentombi ukumbona wa tokoza ukuhlangana naye. 4 Umkwe wake, uyise wentombi, wa m bambezela; wa hlala naye izinsuku ezintatu: ba dhla, ba puza, ba lala kona. 5 Kwa ti ngosuku lwesine ba vuka ekuseni nga kusasa, wa suka ukuba a hambe: kepa uyise wentombi wa ti ku mkwenyana wake, Hlumelela inhliziyo yako ngomtamo wokudhla, anduba ni hambe. 6 Ba hlalake, ba dhla ba puza ndawonye bobabili: uyise wentombi wa ti ku leyo ndoda, Yaneliswa pela, u lale lapa, yesase inhliziyo yako. 7 W'esuka lowo muntu ukuba a hambe; kepa umkwe wake wa m ncosholozela; ngako wa buya wa lala kona. 8 Wa vuka ekuseni nga kusasa ngosuku lwesihlanu ukuba a hambe; uyise wentombi wa ti, A ke u hlumelele inhliziyo yako; a ke wenze kahle i ze i tambame imini; ba dhla-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukupoqwa kwesancinza eGibeha nokufa kwake.

ke bobabili. 9 Kwa ti e se suka umuntu ukuba a hambe, yena nesancinza sake, nomfana wake, umkwe wake, uyise wentombi, wa ti kuye, Bheka-ke, imini i si mukile ku ya hlwa, a u lale lapa pela: bheka, se li ngene ku nina; lala lapa, yesase inhliziyo yako; ni ya kuvuka ekuseni ngomuso ni hambe ngendhlela yenu u goduke.

10 Lo muntu a ka z'a vuma ukulala; kepa w'esuka wa hamba, wa fika malungana neJebusi (eli iJerusalem): kwa ku kona naye izimbongolo ezimbili zi boshelwe izihlalo; nesancinza sake sa si naye. 11 Se be nga seJebusi ilanga la se li hambile kakulu; wa ti ke umfana enkosini yake, Woza, ma si pambukele ku lo muzi wamaJebusi, si lale kuwo. 12 Ya ti kuye inkosi yake, A si yi kupambukela emzini wabezizwe, o nge siwo owaba kwa Israeli; so dhlula si ye eGibeha. 13 Wa ti ku mfana wake, Woza, ma si sondele kwenye ya lezi zindawo; so lala eGibeha, mhlaumbe eRama. 14 Ba se be dhlula, ba hamba; ba shonelwa ilanga nga seGibeha la kwa Benjamin. 15 Ba pambukela kona, ukuya kulala eGibeha: wa ngenake, wa hlala pansi esigcawini somuzi; kwa ku ngeko muntu owa b'amkela endhlini yake ukuba ba lale.

16 Nantoke ixegu li fika se kuhlwa li buya ekusebenzeni kwalo ensimini: li ngumuntu wa sezintabeni za kwa Efrayim; la li te gozololo eGibeha; kepa abantu ba leyo ndawo ba be amaBenjamin. 17 La pakamisa amehlo alo, la bona isihambi si sesigcawini somuzi; la ti ixegu, U ya ngapi? u velapi? 18 Wa ti kulo, Si ya dhlula, si vela eBetelehem-juda, si ya ezintabeni za kwa Efrayim ngalapaya; ngi vela kona, be ngi ye eBetelehem-juda: kaloku ngi ya endhlini ka Jehova; a muko ongamkelayo endhlini yake. 19 Kanti noko ku kona utshani nokudhla kwezimbongolo zetu; ku kona nokudhla newayini el'anele mina, nencekukazi yako, nomfana o hamba nezinceku zako: a ku sweleke luto. 20 La se li ti ixegu, Ukutula a ku be kuwe; a ku ti konke okuswelayo ku be pezu kwami; kodwa mus' ukulala esigcawini. 21 Wa m ngenisa endhlini yake, wa pa izimbongolo; ba geza izinyawo zabo, ba dhla ba puza.

22 Be sa sasisa izinhliziyo zabo, bheka, abantu bomuzi aba ngamahatanga, ba haqa indhlu, ba ngqongqota emnyango; ba kuluma ku mninindhlu ixegu ba ti, Kipa lo muntu o ngene endhlini yako, ukuba si ye kuye. 23 Wa s'e puma kubo lo muntu, umninindhlu, wa ti kubo, Ayi, bafo wetu, musan'ukwenza okubi okunje; loku lo muntu u ngenile endhlini yami, musan'ukwenza lobu buwula. 24 Nansi indodakazi yami, intombi, nesancinza sake; ngi za kubakipa, ni b'one, n'enze kubo oku fanele emehlweni enu: kepa ku lo muntu ma ni ng'enzi ubuwula obunje. 25 Kepa amadoda a ka ze a m lalela: lo muntu wa si bamba isancinza sake, wa si kipela kubo pandhle; ba ya kuso ba si fojisa ubusuku bonke kwa za kwa sa: kwa ti se ku tata ukusa ba si yeka. 26 Wa fika owesifazana ngomtende wokusa, wa wela emnyango wendhlu ya lowo muntu, lapo ya i kona inkosi yake, kwa za kwa kanya.

27 Inkosi yake ya vuka ekuseni nga kusasa, ya vula iminyango yendhlu, ya puma ukuba i hambe ngendhlela yayo; nangoke owesifazana, isancinza sayo, e wele emnyango wendhlu, izandhla zake zi sembundwini womnyango. 28 Wa ti kuye, Vuka, si hambe; kepa a kwa pendula muntu: wa s'e m tabata wa m beka embongolweni; w'esuka lo muntu, wa ya endaweni yake. 29 E se fikile endhlini yake, wa tabata umese, wa bamba isancinza sake, wa si hlahlela ngamalungu aso, w'enza izito ezi ishumi nambili, wa si tuma ezweni lonke la kwa Israeli. 30 Kwa ti, bonke abakubonayo ba ti, A ku zanga kwenziwe, a ku zanga ku bonwe okunje iloku aba kwa Israeli b'enyuka ezweni la sEgipite ku ze ku be namhla: ku qondeni, ni songoze, ni kulume.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Aba kwa Israeli ba hlasela iGibeha, ba nqotshwa kabili.

20 Ba se be puma aba kwa Israeli bonke, inhlangano ya butana kungati umuntu munye, ku suka kwa Dan ku ze ku fike eBere-sheba, nezwe la kwa Giliyadi, ku Jehova eMizpa. 2 Izinhloko zabantu bonke, izizwe zonke za kwa Israeli, z'ema enhlanganweni yabantu ba ka Nkulunkulu; abantu aba hamba pansi ba be izinkulungwane ezi ngamakulu amane aba hloma inkemba. 3 (Kepa aba kwa Benjamin b'ezwa ukuti aba kwa Israeli b'enyukele eMizpa.) Ba ti aba kwa Israeli, Si tsheleni ukuti lobu bubi b'enzeka kanjani. 4 Kwa pendula umuntu, umLevi, indoda yowesifazana obuleweyo, wa ti, Nga fika eGibeha la kwa Benjamin, mina nesancinza sami, ukuba si lale. 5 Abantu ba seGibeha ba ngi vukela, ba ngi vimbezela endhlini ebusuku; ba hlosa ukungibulala; isancinza sami ba si poqa, se si file. 6 Nga se ngi tabata isancinza sami, nga si hlahlela nga si tuma ezweni lonke lefa la kwa Israeli; ngokuba b'enzile amanyala nobuwula kwa Israeli. 7 Bhekani, nina nonke ba kwa Israeli; vezani lapa izwi lenu nesiluleko.

8 Ba se b'esuka abantu bonke kungati umuntu munye, ba ti, A si yi kuya na munye etenteni lake, a si yi kupambukela na munye endhlini yake. 9 Nakuke esi za kukwenza eGibeha: si za kulihlasela ngenkato; 10 si za kutabata abantu aba ishumi ekulwini, kuzo zonke izizwe za kwa Israeli, naba ikulu enkulungwaneni, naba inkulungwane ezinkulungwaneni ezi ishumi, ukuba ba lande umpako wabantu, ukuba se be fikile eGibeha kwa Benjamin benze njengobuwula bonke ababenzileyo kwa Israeli. 11 Abantu bonke ba kwa Israeli ba butanake ukulwa na lo muzi, be hlangene ngokungati umuntu munye.

12 Izizwe za kwa Israeli za tuma abantu esizweni sonke sa kwa Benjamin, za ti, Ububi buni lobu ob'enziwe pakati kwenu? 13 Kipani labo bantu, amahatanga a seGibeha, ukuba si wa bulale, si cime ububi kwa Israeli. UBenjamin a ka ze a lalela izwi labafo wabo aba kwa Israeli. 14 Aba kwa Benjamin ba butana eGibeha be vela emizini, ukuba ba pume ba lwe naba kwa Israeli. 15 Kwa balwa nga lolo suku aba kwa Benjamin aba vela emizini amadoda a izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nesitupa a hloma inkemba, ngapandhle kwabantu ba seGibeha, aba balwa, ba ba ngamakulu a isikombisa, amadoda aketiweyo. 16 Kwa ku kona pakati kwa labo bantu bonke amadoda aketiweyo a ngamakulu a isikombisa amanxele; onke e kwazi ukuponsa amatshe, a shaye a nga papalazi.

17 Amadoda a kwa Israeli, ngapandhle ku ka Benjamin, a balwa a izinkulungwane ezi ngamakulu amane amadoda a hloma inkemba: onke lawa a be ngamadoda okulwa. 18 Ba se b'esuka aba kwa Israeli b'enyukela eBeteli, ba buza ku Nkulunkulu; ba ti, Ubani o ya kusiqalela ukwenyuka ukuya kulwa naba kwa Benjamin? Wa ti ke uJehova, Kwo qala uJuda.

19 Aba kwa Israeli ba vuka ekuseni, ba yi pakela impi iGibeha. 20 Amadoda a kwa Israeli a puma ukuya kulwa noBenjamin; amadoda a kwa Israeli a hlela impi ukulwa nabo eGibeha. 21 Aba kwa Benjamin ba puma eGibeha, ba cekela pansi nga lolo suku abaIsraeli amadoda a izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nambili. 22 Abantu, amadoda a kwa Israeli, a ziqinisa, a buya a hlela impi endaweni a zihlela kuyo ngosuku lokuqala. 23 Aba kwa Israeli b'enyuka ba kala pambi ku ka Jehova kwa za kwa hlwa; ba buza ku Jehova, ba ti, Ngi ya kupinda, ngi sondele ukulwa naba kwa Benjamin, umfo wetu na? UJehova wa ti, Yenyukelani kuye.

24 Aba kwa Israeli ba sondela kwaba kwa Benjamin ngosuku lwesibili. 25 UBenjamin wa puma eGibeha ukuhlangabezana nabo ngosuku lwesibili, wa cekela pansi futi kwaba kwa Israeli amadoda a izinkulungwane ezi ishumi nesishiyangalombili; labo bonke ba be hlome inkemba.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Abantu ba buza ku Nkulunkulu. UBenjamin wahlulwa.

26 Ba se b'enyuka bonke aba kwa Israeli nabantu bonke, ba ya eBeteli, ba kala ba hlala kona pambi ku ka Jehova, ba zila ukudhla nga lolo suku kwa za kwa hlwa; ba nikela iminikelo eshiswayo, neminikelo yokutula pambi ku ka Jehova. 27 Aba kwa Israeli ba buza ku Jehova (ngokuba umpongolo wesivumelwano ka Nkulunkulu wa u kona nga lezo zinsuku, 28 uFinehasi ka Elazare ka Aron w'ema pambi kwawo nga lezo zinsuku), ba ti, Ngi ya kupinda futi, ngi pume ukuya kulwa naba kwa Benjamin umfo wetu, nokuba ngi za kuyeka na? Wa ti ke uJehova, Yenyuka, ngokuba ngomso ngi ya kumkapela esandhleni sako.

29 UIsraeli wa beka abaqameli nga kulo iGibeha ba li haqa. 30 Aba kwa Israeli b'enyukela ukulwa naba kwa Benjamin ngosuku lwesitatu, ba zihlelela ukulwa neGibeha, njenga kwezinye izikati. 31 Aba kwa Benjamin ba puma ukuhlangabezana nabantu, ba donswa ba puma emzini; ba qala ukugalela nokubulala abantu, njenga kwezinye izikati, emigwaqweni, omunye o wenyukela eBeteli, nomunye o ya eGibeha endhle, kungati abantu aba ngamashumi amatatu kwa Israeli. 32 Ba ti aba kwa Benjamin, Ba ya bulawa pambi kwetu njenga kuqala. Kepa aba kwa Israeli ba ti, A si baleke, si ba donse, ba pume emzini, ba ye emigwaqweni. 33 A s'esuka amadoda onke a kwa Israeli endaweni yawo, a zihlela eBale-tamare: abaqameli ba kwa Israeli ba vumbuluka be suka endaweni yabo, eMare-geba. 34 Kw'eza malungana neGibeha amadoda a izinkulungwane ezi ishumi aketiweyo kubo bonke aba kwa Israeli; ukulwa kwa ku nzima; ba be ng'azi bona ukuti ububi se bu ba fumene. 35 UJehova wa bulala uBenjamin pambi ku ka Israeli; aba kwa Israeli ba ceka nga lolo suku amadoda a kwa Benjamin a izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nesihlanu ezi nekulu: labo bonke ba be hlomé inkemba.

36 Aba kwa Benjamin ba bona ukuti ba citiwe; ngokuba amadoda a kwa Israeli a hlehlela uBenjamin ngokuba e temba abaqameli a e ba bekile nga seGibeha. 37 Abaqameli ba shesha, ba dumela iGibeha; abaqameli b'elula, ba cita umuzi wonke ngobukali benkemba. 38 Isiboniso esimisiweyo pakati kwamadoda a kwa Israeli nabaqameli sa si yilesi, sokuba ba tunqise umusi omkulu w'enyuke emzini. 39 Amadoda a kwa Israeli a buyela emva ekulweni, uBenjamin wa qala ukugalela nokubulala amadoda a kwa Israeli kungati abantu aba ngamashumi amatatu; ngokuba ba ti, Impela ba ya bulawa pambi kwetu njenga sekulweni kwa kuqala. 40 Kepa kwa t'uba ku qale ukutunqa emzini isintshongo somusi, a buka emva amaBenjamin, nanku umuzi wonke u tunqela ezulwini. 41 Ba se be penduka aba kwa Israeli, amadoda a kwa Benjamin a ba nokupapateka; ngokuba a bona ukuti ehlelwe ububi. 42 Ngakoke a fulatela amadoda a kwa Israeli a ya ngendhlela ya sehlane; kodwa ukulwa kwa wa joka; abapumayo emizini ba wa ceka pakati kwayo. 43 Ba wa kaka amaBenjamin, ba wa xosha, ba wa nyatela endaweni yokupumula, ba za ba fika malungana neGibeha nga sempumalanga. 44 A wa amadoda a kwa Benjamin a izinkulungwane ezi ishumi nesishiyangalombili; onke lawa a be ngamaqawe. 45 A penduka, a balekela ehlane, eweni la seRimon: ba wa tolisa emigwaqweni amadoda a izinkulungwane ezi isihlanu; ba wa joka ba za ba fika eGidom, ba bulala amadoda a izinkulungwane ezimbili kuwo. 46 Onke a kwa Benjamin awayo nga lolo suku a be izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nesihlanu a hloma inkemba; onke lawa a be ngamaqawe. 47 Kepa amadoda amakulu a isitupa a penduka, a balekela ehlane, eweni la seRimon, a hlala eweni la seRimon izinyanga ezine. 48 Amadoda a kwa Israeli a buyela kwaba kwa Benjamin, a ba bulala ngobukali benkemba umuzi wonke, nezinkomo, nako konke okwafunyaniswayo: futi

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Aba kwa Benjamin ba tolelwa abafazi.

a tungela ngomlilo imizi yonke eya-funyaniswayo.

21 Kepake amadoda a kwa Israeli a e fungile eMizpa, ukuti, A ku yi kubako muntu wa kiti o za kunika uBenjamin indodakazi yake i be umkake. 2 Abantu ba ya eBeteli, ba hlala kona pambi ku ka Nkulunkulu kwa za kwa hlwa, ba dazuluka, ba kala ngokukala okukulu. 3 Ba ti, E Jehova, Nkulunkulu ka Israeli, kwenzekeleni loku kwa Israeli, ukuba ku silale namhla isizwe sinye kwa Israeli? 4 Kwa ti nga ngomso, abantu ba vuka ekuseni, b'aka kona ilati, ba nikela iminikelo eshiswayo, neminikelo yokutula. 5 Ba ti aba kwa Israeli, Ubani kuzo zonke izizwe za kwa Israeli o ng'enyukelanga embutanweni ku Jehova? Ngokuba ba be fungile isifungo esikulu ngaye o ng'enyukelanga ku Jehova eMizpa, be ti, U ya kubulawa nokubulawa. 6 Aba kwa Israeli ba zisola ngoBenjamin umfo wabo, ba ti, Ku nqunyiwe namhla esinye isizwe kwa Israeli. 7 Si ya kwenze njani ukuba abaseleyo ba be nabafazi, loku si funge uJehova ngokuti, a si yi kubanika amadodakazi etu a be omkabo.

8 Ba ti, Yisipi kuzo izizwe za kwa Israeli esi ng'enyukelanga ku Jehova eMizpa? Nako, ku nga fikanga muntu ekamu o vela eJabeshe-giliyadi ukuya embutanweni. 9 Kwa ti se ku balwa abantu, bheka kwa ku ngeko muntu kwaba seJabeshe-giliyadi. 10 Inhlangano ya tumela kona amadoda a izinkulungwane ezi ishumi nambili a ngamaqawe, ya wa yala, ya ti, Hambani, ni bulale abantu ba seJabeshe-giliyadi ngobukali benkemba, nesifazana nezingane. 11 Yiloku eni ya kukwenza: bonke abesilisa, nabo bonke abesifazana aba ke ba y'azi indoda ngokulala nayo, a no ba shaya ni ba bhuqe. 12 Ba fumana ku bantu ba seJabeshe-giliyadi amakulu amane amantombazana a se izintombi, ezi nga zanga zi y'azi indoda ngokulala nayo: ba zi yisa ekamu eShilo, eli sezweni la kwa Kanan.

13 Inhlangano yonke ya tumela ukukuluma naba kwa Benjamin aba be seweni la seRimon, ya memezela ukutula kubo. 14 UBenjamin wa buya nga leso sikati; ba ba nika abesifazana aba be ba sindisile kwabesifazana ba seJabeshe-giliyadi: kepa a ba b'anelanga. 15 Abantu ba zisola ngoBenjamin, ngokuba uJehova wa e s'enzile isikala ezizweni za kwa Israeli.

16 Amalunga enhlangano a s'e ti, Si zo kwenze njani ukuba abaseleyo ba be nabafazi, loku abesifazana ba shabalalisiwe kwa Benjamin? 17 A ti, Nga li ba kona ifa labasindileyo ba kwa Benjamin, ukuba isizwe si nga hlangulwa kwa Israeli. 18 Kanti noko tina a si na kubanika amadodakazi etu a be omkabo; ngokuba aba kwa Israeli ba be fungile, ba ti, Ka qalekiswe o wendisela uBenjamin. 19 A ti, Bheka, ku kona umkosi ka Jehova iminyaka ngeminyaka eShilo, eli nga senyakato kweBeteli, nga sempumalanga kwomgwaqo o wenyuka eBeteli u ya eShekem na nga seningizimu kweLebona. 20 A ba yala aba kwa Benjamin, a ti, Hambani, ni qamele ezivinini; 21 ni bone, bhekani, uma izintombi za seShilo zi puma ukusina ekusineni, a no puma ezivinini, ku be ilowo a zibambele umkake ezintombini za seShilo, ni ye ezweni la kwa Benjamin. 22 Ku za kuti, nxa oyise nabane wabo b'eza kokankatana nati, si za kuti kubo, Si nikeni zona ngesihle; ngokuba a si tabatanga, kwa ba ilowo umkake ekulweni; a ni ba nikanga bona futi; e be ni ya kuba necala ngako. 23 B'enze njalo aba kwa Benjamin, ba tabata abafazi njengobuningi babo, kwabasinayo, ba ba qwaga: ba hamba, ba buyela efeni labo, b'aka imizi, ba hlala kuyo. 24 Aba kwa Israeli b'esuka lapo nga leso sikati, kwa ba ilowo wa ya esizweni sa kubo, na kuwo umndeni wa kubo, ba puma lapo, kwa ba ilowo wa ya efeni lake.

25 Nga lezo zinsuku kwa ku ngeko nkosi kwa Israeli: ilowo w'enza okute ntse emehlweni ake.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

INCWADI KA

RUTE

UElimeleki nomuzi wake. UNahomi noRute ba buya kwa Moabe.

1 Kwa ti ke ngezinsuku aba hlulela ngazo abahluli, kwa ba kona indhlala ezweni. Indoda etile ya seBetelehem-juda ya hamba ukuyoti gozololo ezweni la kwa Moabe, yona nomkayo, namadodana ayo amabili. 2 Igama lendoda la li nguElimeleki, igama lomkayo la li nguNahomi, amagama amadodana ayo amabili a e nguMalon noKiliyon, ba be amaEfrata a seBetelehem-juda. Ba fika ezweni la kwa Moabe, ba hlala kona. 3 Wa fa uElimeleki indoda ka Nahomi; wa sala yena namadodana ake amabili. 4 A s'e tata abafazi esifazaneni sa kwa Moabe; igama lomunye la li nguOrpa, igama lomunye la li nguRute: ba hlalake kona kwangati iminyaka e ishumi. 5 Ba fa-ke bobabili oMalon noKiliyon; owesifazana wa shiywa amadodana ake omabili, na indoda yake.

6 Wa s'e suka yena na omalokazana bake, ukuba a buye ezweni la kwa Moabe: ngokuba wa e se zwile e sezweni la kwa Moabe ukuti uJehova u ba hambele abantu bake ngokubapa ukudhla. 7 Wa puma ku leyo ndawo lapo wa e kona, omalokazana bake bobabili be naye; ba hamba ngendhlela yokubuyela ezweni la kwa Juda. 8 Wa ti uNahomi komalokazana bake bobabili, Hambani, ni buyele ilowo endhlini ka nina: uJehova ma ka n'enzele isihau, njengaloku n'enza kwabafileyo, na kimina. 9 UJehova ma ka ni nike ukuba ni fumane ukupumula, ilowo endhlini yendoda yake. Wa s'e b'anga, ba dazuluka, ba kala. 10 Ba ti ke kuye, Ayi, kepa so buyela nawe ku bantu ba kini. 11 Wa ti ke uNahomi, Buyani, madodakazi ami: ni zo hambelani nami? a se kona yini amadodana esiswini sami, ukuba a be amadoda enu na? 12 Buyani, madodakazi ami, hambani; se ngi mdala ukuba ngi be nendoda. Nakuba ngi nga ti ngi netemba, nokuba ngi nga ba nendoda kusihlwa nje, ngi zale amadodana; 13 be ni nga wa hlalela kambe a ze a kule na? be ni ya kuzivalela kambe ni nga bi namadoda na? ayi, madodakazi ami; ngoba ku umunyu kimi kakulu ngenxa yenu, ngoba isandhla si ka Jehova si ngi pumele ubunqa. 14 Ba dazuluka, ba kala futi: uOrpa wa m anga uninazala; kepa uRute wa namatela kuye.

15 Wa ti, Bheka, umka mfo wenu u se buyele ku bantu ba kubo, na ku nkulunkulu wake: buya nawe u m landele umka mfo wenu. 16 Wa ti uRute, Mus'ukungincenga ukuba ngi ku shiye, ngi buye ngi nga ku landeli; ngokuba lapo u ya kona, ngi ya kuya kona nami; na lapo u hlala kona, ngi ya kuhlala kona nami; abantu ba kini ba ya kuba ngabantu ba kiti, uNkulunkulu wako a be uNkulunkulu wami; 17 lapo u fa kona, ngi ya kufa kona nami, ngi mbelwe kona: uJehova a k'enze njalo kimi, elekele futi, uma s'ahlukaniswa uto ukufa kupela. 18 Wa ti ukubona ukuti u hlosile ukuhamba naye, wa yeka ukumkulumisa.

19 Ba hambake bobabili ba za ba fika eBetelehem. Kwa t'uba ba fike eBetelehem, umuzi wonke wa xokozela ngabo, isifazana sa ti, Lo nguNahomi na? 20 Wa ti kubo, Musan'ukungibiza ngokuti uNahomi, ngi bizeni ngokuti uMara; ngokuba uSomandhla u ngi pate ngomunyu kakulu. 21 Nga hamba ngi gcwele, uJehova u se ngi buyiseze; ni ngi bizelani ngokuti uNahomi, loku uJehova u fakaze ngami, uSomandhla u ng'enzele okubi? 22 Wa buyake uNahomi, uRute umMoabekazi, umalokazana wake, e naye, owa buya ezweni la kwa Moabe: ba fika eBetelehem ekuqaleni kwokuvunwa kwebarle.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

URute u kotoza ezweni li ka Bohazi.

2 UNahomi wa e nesihlobo sendoda yake, umnumzana ocebileyo, womndeni ka Elimeleki; igama lake la li nguBohazi. 2 URute umMoabekazi wa ti ku Nahomi, A ke ngi hambe ngi ye ensimini, ngi kotoze ezikwebwini emva kwa lowo engi za kuba nesasasa kuye. Wa ti kuye, Hamba, ndodakazi yami. 3 Wa hambake, wa fika wa kotoza ensimini emva kwabavuni: kwa ti nje wa fika esiqepwini sezwe esa si esi ka Bohazi owomndeni ka Elimeleki. 4 Bheka, uBohazi wa fika e vela eBetelehem, wa ti ku bavuni, UJehova ma ka be nani. Ba ti ke kuye, UJehova ma ka ku busise. 5 UBohazi wa s'e ti esisebenzini sake esa si misiwe pezu kwabavuni, E ka bani le ntombazana na? 6 Isisebenzi esa si misiwe pezu kwabavuni sa pendula sa ti, Yintombazana ya kwa Moabe e buye noNahomi ezweni la kwa Moabe: 7 i te, A ke ngi kotoze, ngi bute ezitungwini emva kwabavuni. Ya fikake, i kona njalo seloku ku sile ku ze ku be manje, i ke ya ti kefu nje endhlini kodwa.

8 Wa s'e ti uBohazi ku Rute, Angiti u y'ezwa, ntombi yami? U nga yi kokotoza kwenye insimu, u nga dhluleli ndawo, wo namatela pela emantombazaneni ami lapa. 9 Amehlo ako ma ka be sensimini ayivunayo, u wa landele: be nga ti ngi ba yalile abafana ukuba ba nga ku tinti? nxa womile, u ye ezitsheni, u puze loko abakukileyo abafana. 10 Wa s'e ti mbo ngobuso, wa kotamela pansi, wa ti kuye, Ku ye ngani ukuba ngi be nesasasa kuwe, ukuba u ngi bheke, loku ngi ngowezizwe? 11 Wa pendula uBohazi wa ti kuye, Se ngi tsheliwe konke okwenzileyo ku nyokozala seloku kwa fa indoda yako; nokuti u shiye uyihlo nonyoko, nezwe owa zalwa kulo, u fike esizweni owa u nga s'azi ngapambili. 12 UJehova ma ka wu vuze umsebenzi wako, u nikwe inkokelo epeleleyo e vela ku Jehova, uNkulunkulu ka Israeli, o ze ukuba u pepele pansi kwamapiko ake. 13 Wa s'e ti, Ma ngi be nesasasa kuwe, nkosi yami; ngokuba u ngi duduzile, na ngokuba u kulume enhliziyweni yencekukazi yako, noma ngi nge njengenye yezincekukazi zako.

14 Ngesikati sokudhla uBohazi wa ti kuye, Sondela lapa, u dhle isinkwa, u gcoboze iqata lako ku viniga. Wa hlalake eceleni kwabavuni; wa m nika inhlosa, wa dhla, wa suta, kwa sala. 15 E se sukile ukuya kokotoza, uBohazi wa yala abafana bake, wa ti, A ka kotoze na sezitungwini, ni nga m soli. 16 A no ke ni m kipele okunye ezitungwini, ni ku shiye, ukuba a ku kotoze, ni nga m kuzi.

17 Wa kotozake ensimini kwa za kwa hlwa; wa tintita a be ku kotozile, kwakungati iefa lebarle. 18 Wa ku twala, wa ya emzini; uninazala wa bona loko a be ku kotozile: wa kipa wa m nika loko a be ku shiyile, e se suti. 19 Uninazala wa ti kuye, U kotozepi namhla na? u sebenzepi? ka busiswe lowo okubhekileyo. Wa m tshela uninazala ukuba u be sebenza ku bani, wa ti, Igama lomuntu e be ngi sebenza kwake namhla li nguBohazi. 20 UNahomi wa ti ku malokazana wake, Ka busiswe uJehova, o nga yekanga isihau sake kwabapilileyo na kwabafileyo. UNahomi wa ti kuye, Si nyamanye nayo le ndoda, i nokusihlenga. 21 URute umMoabekazi wa ti, Yebo, u te kimi, Wo namatela ku bafana bami ba ze ba qede ukuvuna ukudhla konke kwami. 22 UNahomi wa ti ku Rute umalokazana wake, Kuhle, ndodakazi yami, ukuba u pume namantombazana ake, u nga fikelwa muntu kwenye insimu. 23 Wa namatela emantombazaneni ka Bohazi, ukuba a kotoze kwa za kwa pela ukuvunwa kwebarle nokolweni; wa hlala noninazala.

3 Wa ti uNahomi uninazala kuye, Ndodakazi yami, ngi nga ku funeli ukupumula, ukuba u hlale kahle na? 2 UBohazi a ka siso isihlobo setu, o bu semantombazaneni ake na? Bhekake, u y'ela ibarle kusihlwa esibuyeni. 3 Gezake, u gcobe, u gqoke izingubo zako, wehlele esibuyeni;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

URute u cela uBohazi ukuba a m hlenge. Ifa li hlengwa uBohazi.

kepa u ng'aziwa ile ndoda i ze i qede ukudhla nokupuza. 4 Ko ti ke ekulaleni kwayo, u qapele indawo e ya kulala kuyo, u ngene, u y'ambule izinyawo, u lale; i ya kukutshela o za kukwenza. 5 Wa ti ke kuye, Konke okushoyo ngi ya kukwenza.

6 W'ehlelake esibuyeni, w'enza njengako konke a m yale ngako uninazala. 7 Nxa uBohazi e se dhlile e se puzile, ya ncibilika inhliziyo, wa ya kolala ekugcineni kwembhundu yamabele: wa s'e fika uRute ngokunyenya, wa m ambula izinyawo, wa lala. 8 Kwa ti ke pakati kwobusuku, y'etuka indoda, ya guquka; nangu owesifazana e lele nga sezinyaweni zayo. 9 Ya ti ke, U ngubani? Wa ti, Ngi nguRute, incekukazi yako: a u y'embese incekukazi yako ngompeto wengubo yako; ngoba u nokusihlenga. 10 Ya ti ke, Ma u busiswe nguJehova, ntombi yami: u bonakalise kakulu isihau sako ekugcineni kuna kuqala, loku u nga landelanga izinsizwa, noma zi mpofu noma zi cebile. 11 Kaloku, ntombi yami, u ng'esabi; ngi ya kukwenzela konke okushoyo; ngokuba umuzi wonke wabantu ba kiti u y'azi ukuti u ngowesifazana ovileyo. 12 Impela ku iqiniso ukuti ngi ngo nokukuhlenga; kanti u kona o nokukuhlenga o nyamanye nawe kunami. 13 Hlalake nga lobu busuku, ko ti ke kusasa, uma e ku hlenga, ku lungile, ma ka hlenge; uma katisimbe enqena ukukuhlenga, u yo hlengwa yimina, e kona uJehova! lalake ku ze ku se.

14 Wa lalake nga sezinyaweni zake kwa za kwa sa: wa vuka abantu be nga ka bi na kubonana. Ngokuba wa ti, A ku ng'aziwa ukuti owesifazana u be ze esibuyeni. 15 Wa ti, Leta ingubo e kuwe u kongozele ngayo; wa kongozelake ngayo; wa m linganisela kasitupa ibarle, wa m etwesa ngalo: w'esuka wa ya emzini. 16 E se fikile ku ninazala, wa ti yena, Ku be njani, ndodakazi yami? Wa m tshelake konke e m enzele kona le ndoda. 17 Wa ti, I ngi pe lezi zilinganiso ezi isitupa zebarle; ngokuba i te kimi, U nga yi u nga pete luto ku nyokozala. 18 Wa s'e ti, Hlalake, ndodakazi yami, u ze wazi ukuba ko petwa ngani; ngokuba le ndoda ka i yi kupumula i nga ka fezi le nto namhla.

4 UBohazi w'enyukela esangweni, wa hlala pansi kona: bheka, o nokubahlenga a be kuluma ngaye uBohazi wa dhlula; wa ti ke kuye, We muntundini! pambuka, u hlale pansi lapa. Wa pambuka, wa hlala pansi. 2 Wa tata amadoda a ishumi kuwo amalunga omuzi, wa ti, Hlalani pansi lapa. A hlalake. 3 Wa ti k'o nokuhlenga, UNahomi, o buye ezweni la kwa Moabe, u ya tengisa ngesiqepu sezwe esa si esi ka Elimeleki umfo wetu: 4 nga ti a ngi ku vezele loku ngi ti, Li tenge pambi kwabahleziyo lapa, na pambi kwamalunga abantu ba kiti. Uma u li hlenga, li hlenge: kepa uma u nga li hlengi, ngi tshele, ukuba ng'azi; ngokuba a kako omunye o nga li hlenga ngapandhle kwako; minake ngi ngemva kwako. Wa ti, Ngi za kulihlenga. 5 Wa s'e ti uBohazi, Msukwana u tenga izwe esandhleni si ka Nahomi, sal'u s'u li tenga na ku Rute umMoabekazi, umka mufi, ukuba u vuse igama lomufi efeni lake. 6 Wa ti ke o nokuhlenga, A ngi na kuzihlengela lona, funa ng'one ifa lami: ma u tate wena ilungelo lami lokuhlenga; ngokuba a ngi na kulihlenga.

7 Ayike, kwa ku ya ku be nje kwa Israeli mandulo ngokuhlenga na ngokwenana, ukuba ku qiniswe izindaba zonke: umuntu wa e kumula isicatulo sake, a si nike umakelwane wake; loku kwa ku ubufakazi kwa Israeli. 8 Lowoke o nokuhlenga wa ti ku Bohazi, Zitengele. Wa kumula isicatulo sake. 9 UBohazi wa ti ku malunga, na ku bantu bonke, Ni ngofakazi namhla bokuti, ngi tengile konke okwa ku oku ka Elimeleki, nako konke okwa ku oku ka Kiliyon no-Malon, esandhleni si ka Nahomi. 10 NoRute umMoabekazi umka Malon, ngi m tengile a be umkami, ukuba ngi vuse igama lomufi efeni lake, uku-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UBohazi u tata uRute. Ku zalwa uObede.

ba igama lomufi li nga nqunywa pakati kwabafo wabo, na sesangweni lendawo yake: ni ngofakazi namhla. 11 Ba se be ti abantu bonke aba be sesangweni, namalunga, Si ngofakazi. UJehova ma k'enze owesifazana o ngene endhlini yako a be njengoRatsheli na njengoLeya, ab'aka bobabili indhlu ka Israeli: ma u fuye wena eEfrata, ku dume igama lako eBetelehem: 12 indhlu yako ma i be njengendhlu ka Perezi, uTamare a m zalela uJuda, ngenzalo uJehova a ya kukunika yona ngomlobokazi lo.

13 UBohazi wa m tabatake uRute, wa ba umkake; wa ya kuye, uJehova wa m nika ukuzala, wa zala indodana. 14 Abesifazana ba ti ku Nahomi, Ma ka bongwe uJehova, o nga ku shiyanga namhla u nge namuntu wokukuhlenga; igama lake ma li dume kwa Israeli. 15 Ma ka be umbuyisi wompefumulo kuwe, nomondhli ebudaleni bako; ngokuba umalokazana wako okutandayo, omuhle kuwe kunamadodana a isikombisa, u m zele. 16 UNahomi wa tabata umntwana, wa m gona esifubeni sake, wa ba umzanyana wake. 17 Abesifazana abakelene naye ba mu ta igama be ti, Ku zelwe indodana ku Nahomi; ba qamba igama lake ngokuti uObede: yena u nguyise ka Jese, uyise ka Davida.

18 Nantu uzalo lu ka Perezi: uPerezi wa zala uHezeron, 19 uHezeron wa zala uRam, uRam wa zala uAminadabe, 20 uAminadabe wa zala uNashon, uNashon wa zala uSalmon, 21 uSalmon wa zala uBohazi, uBohazi wa zala uObede, 22 uObede wa zala uJese, uJese wa zala uDavida.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

INCWADI YOKUQALA KA

SAMUWELI

UHana u cela umntwana ku Jehova. Ukuzalwa ku ka Samuweli.

1 Kwa ku kona umuntu otile wa seRamatayim-zofim e sezintabeni za kwa Efrayim ogama lake la li nguElkana ka Jeroham, ka Elihu, ka Tohu, ka Zufi wa kwa Efrayim: 2 wa e nabafazi ababili; igama lomunye la li nguHana, igama lomunye li nguPenina: uPenina wa e nabantwana, uHana e nge nabantwana. 3 Lowo muntu u be puma emzini wa kubo iminyaka ngeminyaka enyuke a ye kokuleka a hlabele uJehova wamabandhla eShilo. Kwa ku kona lapo amadodana ka Eli omabili, uHofeni noFinehasi, be ngabapristi ba ka Jehova. 4 Kwa ti ngosuku a hlaba ngalo, uElkana wa nika uPenina umkake, namadodana onke ake namadodakazi ake izabelo: 5 kepa wa m nika uHana isabelo si pindwa kabili; ngokuba u be m tanda uHana, kepa uJehova u be si valile isisu sake. 6 O banga naye wa m cunula nokumcunula wa ze wa m tukutelisa, ngokuba uJehova u be si valile isisu sake. 7 Kwa t'uba enze njalo uElkana iminyaka ngeminyaka, nxa enyuka ukuba a ye endhlini ka Jehova, wa m cunula ngokunjalo; wa kalake, a ka z'a dhle. 8 Wa ti uElkana umyeni wake kuye, U kalelani, Hana? yini ukuba u nga dhli? imbi ngani inhliziyo yako? a ngi dhluli amadodana a ishumi kuwe na?

9 W'esukake uHana, se be dhlile eShîlo, se be puzile. UEli, umpristi, u be hleli esihlalweni nga sensikeni yomnyango wetempeli li ka Jehova. 10 Wa u munyu umpefumulo ka Hana, wa tandaza ku Jehova wa kala nokukala. 11 Wa tembisa ngesitembiso, wa ti, E, Jehova wamabandhla, uma u bheka ukuhlupeka kwencekukazi yako, u ngi kumbule, u nga kohlwa incekukazi yako, u yi nike incekukazi yako umntwana wesilisa, ngi ya kumnika uJehova izinsuku zonke zokuhamba kwake; a ku yi kuya insingo ekanda lake.

12 Kwa t'uba elule ukutandaza kwake ku Jehova uEli wa wu qapela umlomo wake. 13 UHana u be kuluma enhliziyweni yake, ku bikizela izindebe zomlomo wake kodwa, izwi lake li ngezwakali; uEli u be ti u dakiwe. 14 UEli wa ti kuye, Ko ze ku be nini u dakwa na? susa iwayini lako kuwe. 15 UHana wa pendula, wa ti, Ayi, nkosi yami, ngi ngowesifazana omoya usindwayo; a ngi puzanga iwayini nopuzo oludakisayo; be ngi tulula umpefumulo wami pambi ku ka Jehova. 16 U nga sho ukuti incekukazi yako i ngowesifazana omubi: ngokuba ngobuningi bokukalaza kwami nokucunulwa kwami ngi kulumile ku ze ku be manje. 17 UEli wa s'e pendula wa ti, Hamba kahle; uNkulunkulu ka Israeli a ku nike isicelo sako o si cele kuye. 18 Wa s'e ti kuye, Incekukazi yako ma i be nesasasa kuwe. Wa s'e hamba owesifazana ngendhlela yake, wa dhla; ubuso bake a ba be bu sa nyukumala.

19 Ba se be vuka ekuseni nga kusasa, ba kuleka pambi ku ka Jehova, ba buya ba ya endhlini yabo eRama. UElkana wa ya ku Hana umkake; uJehova wa m kumbula; 20 kwa ti ekufikeni kwesikati uHana wa kulelwa, wa zala indodana; wa qamba igama layo ngokuti uSamuweli, e ti, Yingokuba ngi m cele ku Jehova.

21 W'enyukake lowo muntu uElkana, nendhlu yonke yake, ukuyonikela ku Jehova umhlatshelo weminyaka, nesitembiso sake. 22 Kepa uHana k'enyukanga; ngokuba wa ti ku myeni wake, A ngi yi kwenyuka ko ze ku lunyulwe umntwana; anduba ngi m yise, ukuba a bonakale pambi ku ka Jehova, a

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

hlale kona ku ze ku be nini. 23 UElkana umyeni wake wa ti kuye, Yenza okuhle emehlweni ako; hlala u ze u m lumule; uJehova ma ka qinise izwi lake kodwa. Wa hlalake owesifazana wa ncelisa indodana yake, wa za wa yi lumula. 24 E se yi lumulile, w'enyuka nayo, e namaduna amatatu, neefa li linye lempupu, nemvaba yewayini, wa yi yisa endhlini ka Jehova eShilo: umntwana wa e se mncane. 25 Ba li hlaba iduna, ba yisa umntwana ku Eli. 26 Wa ti, E, nkosi yami, u kona umpefumulo wako, nkosi yami, ngi ngowesifazana o w'ema nga kuwe lapa, e tandaza ku Jehova. 27 Nga tandazela lo mntwana; uJehova u ngi nikile isicelo sami enga si cela kuye: 28 ngakoke nami ngi m nikile ku Jehova; izinsuku zonke zokuba kona kwake u nikiwe uJehova. Wa kuleka ku Jehova kona.

2 UHana wa tandaza, wa ti;
Inhliziyo yami i yetaba ngoJehova;
Upondo lwami lu pakanyisiwe nguJehova;
Umlomo wami wanuliwe pezu kwezita zami;
Ngokuba ngi ya tokoza ngosindiso lwako.
2 A muko ongcwele njengoJehova;
Ngokuba a kuko na munye ngapandhle kwako,
A liko itshe eli njengoNkulunkulu wetu.
3 U nga be u sa kuluma ngokuzikukumeza okungaka;
Ma ku nga pumi ubugangangozi emlonyeni wenu;
Ngokuba uJehova u nguNkulunkulu wokwazi,
Izenzo zi linganiswa uye.
4 Iminsalo yeziqwaga i fohloziwe;
Naba be kubeka ba binca ubuqawe.
5 Aba be suti ba sebenzela ukudhla;
Aba be lambile ba ya pumula:
Yebo, inyumba i zele aba isikombisa;
Yena o nabantwana abaningi u ya wuma.
6 UJehova u ya bulala, a pilise:
U y'ehlisela eSheoli, a buye enyuse.
7 UJehova u ya pofisa, a cebise:
U ya tobisa, a buye a pakamise futi.
8 U ya vusa ompofu otulini,
U ya pakamisa impabanga ezaleni,
A ba hlalise namakosana,
Ba dhle ubufa isihlalo sodumo:
Ngokuba izinsika zomhlaba zi ezi ka Jehova,
U bekile izwe pezu kwazo.
9 U ya kugcina izinyawo zabangcwele bake;
Kepa amashinga a ya kutiwa size ebumnyameni;
Ngoba a kuko muntu o ya kwahlula ngamandhla.
10 Aba pikisana noJehova ba ya kuvitizwa;
U ya kuduma ezulwini pezu kwabo:
UJehova u ya kuteta icala lamajukujuku omhlaba;
A nike inkosi yake amandhla,
A pakamise upondo logcotshiweyo wake.

11 UElkana wa s'e ya eRama endhlini yake. Umntwana wa konza uJehova pambi ku ka Eli umpristi.

12 Kepake amadodana ka Eli a be ngamahatanga; a e nga m azi uJehova. 13 Kwa ku umkuba wabapristi ku bantu wokuba nxa ku nikela noma ubani umhlatshelo, ku ze inceku yompristi, i sa bila inyama, i pete ingwegwe e namazinyo amatatu ngesandhla sayo; 14 i hlabe ngayo ocengezini, mhlaumbe embizeni, mhlaumbe esocweni, mhlaumbe ekanzini; konke ekwenyulayo ingwegwe umpristi wa ku tabata ngayo. B'enze njalo eShilo kubo bonke abaIsraeli aba b'eza kona. 15 Yebo, ku nga ka tunqiswa ngamanoni, ya i fika inceku yompristi, i ti ku muntu ohlabayo, Ngi nike inyama yokoselwa umpristi; ngokuba ka yi kutabata kuwe inyama epekiweyo, u funa e luhlaza. 16 Uma lowo muntu e ti kuyo, Impela ku zo tunqiswa ngamanoni kuqala u

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Indhlu ka Eli nesiprofeto ngayo. Umbono ka Samuweli.

bu su tata njengokutanda kwenhliziyo yako; i bi si ti, Ayi, ngi nike kona manje: uma u nga ngi niki, ngi zo yi tata nje ngamandhla. **17** Isono sezinsizwa sa si sikulu pambi ku ka Jehova; ngokuba abantu ba wu delela umnikelo ka Jehova.

18 Kepa uSamuweli wa konza pambi ku ka Jehova e umntwana, e bince iefodi lelineni. **19** Futi unina wa m enzela ibantshana, wa li yisa kuye iminyaka ngeminyaka ngokukupuka kwake nomyeni wake ukuyonikela umhlatshelo weminyaka. **20** UEli wa m busisa uElkana nomkake, wa ti, UJehova a ku nike nga lowesifazana inzalo ngenxa yesicelo esa celwa ku Jehova. Ba se be godukake. **21** UJehova wa m hambela uHana, wa kulelwa, wa zala amadodana amatatu namadodakazi amabili. Umntwana uSamuweli wa kula pambi ku ka Jehova.

22 UEli wa e se gugile kakulu; w'ezwa konke akwenzayo amadodana ake ku Israeli wonke, nokuti a e lala nabesifazana aba be konza emnyango wetente lokuhlangana. **23** Wa ti kuwo, N'enzelani oku njenga loku? ngoba ngi y'ezwa imisebenzi yenu embi nga laba bantu bonke. **24** Ayi, madodana ami; a ku siyo imbiko enhle engiyizwayo: ni pambukisa abantu ba ka Jehova. **25** Nxa umuntu ona ku muntu, uNkulunkulu u ya kumahlulela; kepa nxa umuntu ona ku Jehova, u ya kulanyulelwa ubani na? Noko ka ba lalelanga izwi li ka yise, ngokuba uJehova e tanda ukubabulala. **26** Umntwana uSamuweli wa ya ngokukula, wa e tandeka ku Jehova na ku bantu.

27 Kwa fika umuntu ka Nkulunkulu ku Eli, wa ti kuye, U ti uJehova, Nembala, nga zibonakalisa yini endhlini ka yihlo, be se sEgipite, be isigqili endhlini ka Faro na? **28** nga m keta kuzo zonke izizwe za kwa Israeli a be umpristi wami, enyukele elatini lami, a tunqise ngempepo, a fake iefodi pambi kwami na? nga yi nika indhlu ka yihlo iminikelo yonke e yenziwa ngomlilo yaba kwa Israeli na? **29** Po, ni wu kabelani umhlatshelo wami nomnikelo wami, engi yi yalele ekaya lami, u dumise amadodana ako ngapezu kwami, ni zikulupalise ngeminikelo yonke yeketelo ka Israeli abantu bami? **30** Ngakoke u ti uJehova uNkulunkulu ka Israeli, Nga sho impela, nga ti indhlu yako, nendhlu ka yihlo yo hamba pambi kwami ku ze ku be nini: kepa kaloku u ti uJehova, A ku be kude kimi; ngokuba abangidumisayo ngi ya kubadumisa; abangidelelayo ba ya kukeswa. **31** Bheka, zi y'eza izinsuku engi ya kunquma ngazo ingalo yako, nengalo yendhlu ka yihlo, ku nga biko ixegu endhlini yako. **32** U ya kubona izinsizi zekaya lami, kuko konke okuhle uNkulunkulu a ya kumenzela kona uIsraeli; a ku yi kubako ixegu endhlini yako njalonjalo. **33** Umuntu wako engi nga yi kumnquma a nga biko elatini lami, u ya kusala ukuba a qede amehlo ako, a dabukise inhliziyo yako; yonke inzalo yendhlu yako i ya kufa i sebudodeni bayo. **34** Loku ku ya kuba isibonakaliso kuwe, oku ya kwehlela amadodana ako amabili, uHofeni no-Finehasi: ba ya kufa bobabili ngosuku lunye. **35** Ngi ya kuzivusela umpristi otembekileyo, o za kwenza njengaloko oku senhliziyweni yami na semqondweni wami: ngi ya kumakela indhlu eqinisekileyo; u ya kuhamba pambi kwogcotshiweyo wami njalonjalo. **36** Ku ya kuti, bonke abaseleyo endhlini yako b'eze ba kotamele uhlamvu lwesiliva nesibomana sesinkwa kuye, ba ti, A ke u ngi beke kwesinye sezikundhla zobupristi, ukuba ngi dhle umtamo wokudhla.

3 Umntwana uSamuweli wa konza uJehova pambi ku ka Eli. Izwi li ka Jehova la li ivelakanci nga lezo zinsuku; wa u nga vamile umbono. **2** Kwa ti nga leso sikati, uEli e lele endaweni yake (amehlo ake a e qale ukufipala, wa ze wa nga ba namandhla okubona), **3** isibani si ka Nkulunkulu sa si nga ka cimi, uSamuweli wa e lele etempelini li ka Je-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

hova, lapo kwa ku kona umpongolo ka Nkulunkulu; 4 uJehova wa biza uSamuweli: wa ti yena, Ngi kona. 5 Wa s'e gijimela ku Eli, wa ti, Ngi kona; ngoba u ngi bizile. Wa ti, A ngi ku bizanga; buya u lale. Wa s'e ya kolala. 6 UJehova wa pinda wa m biza, wa ti, Samuweli. W'esuka uSamuweli wa ya ku Eli, wa ti, Ngi kona; ngoba u ngi bizile. Wa ti, A ngi ku bizanga, mntanami; buya u lale. 7 Kepake uSamuweli wa e nga ka m azi uJehova, izwi li ka Jehova la li nga k'ambulwa kuye. 8 UJehova wa pinda wa biza uSamuweli ngokwesitatu. W'esuka wa ya ku Eli, wa ti, Ngi kona; ngoba u ngi bizile. UEli wa s'e qonda ukuti umntwana u bizwa uJehova. 9 UEli wa ti ku Samuweli, Hamba, u yo lala: ku ya kuti, uma e ku biza, u ti, Kuluma, Jehova; ngoba inceku yako i y'ezwa. Wa hambake uSamuweli wa ya kolala endaweni yake.

10 UJehova wa fika, w'ema, wa biza njengezinye izikati, wa ti, Samuweli, Samuweli. Wa s'e ti uSamuweli, Kuluma; ngoba inceku yako i y'ezwa. 11 UJehova wa ti ku Samuweli, Bheka, ngi za kwenza into kwa Israeli, oku za kuti bonke abayizwayo izindhlebe zabo zombili zi hlokome. 12 Nga lolo suku ngi ya kufeza ku Eli konke engikukulumileyo ngendhlu yake, ku suka ekuqaleni ku ze ku be sekupeleni. 13 Ngoba ngi m tshelile ukuti, ngi za kwahlulela indhlu yake ku ze ku be nini, ngobubi abaziyo, ngokuba amadodana ake a z'ehlisela isiqalekiso, e nga wa kuzanga. 14 Ngakoke ngi yi fungele indhlu ka Eli ukuti, ububi bendhlu ka Eli a bu yi kuhlaulelwa ngomhlatshelo na ngomnikelo ku ze ku be nini.

15 USamuweli wa lala kwa za kwa sa, wa vula iminyango yendhlu ka Jehova. USamuweli w'esaba ukumtshela uEli umbono. 16 UEli wa s'e biza uSamuweli, wa ti, Samuweli, mntanami. Wa ti, Ngi kona. 17 Wa ti, Yintoni ayikulumileyo kuwe na? pela, u nga yi fihli kimi: uNkulunkulu a k'enze njalo kuwe enezelele, uma u fihla uto kimi kuko konke akukulumileyo kuwe. 18 Wa s'e m tshela uSamuweli wa qungqutela, ka m fihlelanga luto. Wa ti, U nguJehova: a k'enze okuhle emehlweni ake.

19 USamuweli wa kula, uJehova wa e naye, ka wisanga pansi neli lodwa lamazwi ake. 20 Kwaziwa uIsraeli wonke ku suka kwa Dan ku ze ku fike eBere-sheba ukuti uSamuweli u qinisiwe ukuba umprofeti ka Jehova. 21 UJehova wa pinda wa bonakala eShilo; ngokuba uJehova wa z'ambula ku Samuweli eShilo ngezwi li ka Jehova. 1 Izwi li ka Samu-
4 weli la fika kuye wonke uIsraeli.

UIsraeli wa puma ukuhlasela amaFilisti, wa ngenisa nga seEbenezeri: amaFilisti a ngenisa eAfeki. 2 AmaFilisti a zihlela ukuya kuhlangabezana noIsraeli: ku te ukuba i hlangane uIsraeli wa citwa pambi kwamaFilisti; a bulala abempi endhle abantu kungati aba izinkulungwane ezine. 3 Kwa t'uba abantu ba ngene ekamu, amalunga a kwa Israeli a ti, UJehova u si citeleni namhla pambi kwamaFilisti? Ma si lande umpongolo wesivumelwano si ka Jehova eShilo si wu lete lapa kiti, ukuba u fike pakati kwetu, u si sindise esandhleni sezita zetu. 4 Abantu ba tumelake eShilo; ba tabata kona umpongolo wesivumelwano si ka Jehova wamabandhla, o hlezi ngapezu kwamakerubi: amadodana omabili ka Eli, uHofeni noFinehasi, a e kona nompongolo wesivumelwano si ka Nkulunkulu.

5 Kwa t'uba umpongolo wesivumelwano si ka Jehova u fike ekamu, uIsraeli wonke wa hlokoma ngokuhlokoma okukulu, kwa ze kwa duma umhlaba. 6 AmaFilisti a ti ukuzwa umsindo wokuhlokoma, a ti, U sho ukutini umsindo wa loku kuhlokoma okukulu ekamu lamaHeberu? Azike ukuti umpongolo ka Jehova u fikile ekamu. 7 Esaba amaFilisti, ngokuba a ti, UNkulunkulu u fikile ekamu. A ti, Maye tina! ngokuba a ku zange ku be kona okunje ngapambili.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukufa ku ka Eli nomalokazana wake. Umpongolo endhlini ka Dagon.

8 Maye tina! ubani o ya kusopula esandhleni sa laba onkulunkulu aba namandhla? yilaba onkulunkulu aba shaya aba sEgipite ngezifoyifo ehlane. 9 Qinani, ni be amadoda, nina maFilisti, funa ni be izigqili zamaHeberu, njengaloku kade e izigqili kinina: yibani amadoda, ni lwe. 10 A lwa amaFilisti, ba citwa abaIsraeli, ba baleka ilowo wa ya etenteni lake: kwa ba kona ukuceka okukulu; kwa wa ku Israeli abantu aba izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu aba hamba pansi. 11 Umpongolo ka Nkulunkulu wa dhliwa; a bulawa amadodana ka Eli omabili, uHofeni noFinehasi.

12 Kwa gijima umuntu wa kwa Benjamin e puma empini, wa fika eShilo nga lolo suku, izingubo zake zi hxetshuliwe, e nomhlabati ekanda. 13 Wa ti ukufika, nango uEli e hlezi esihlalweni sake nga sendhleleni e lindile; ngokuba inhliziyo yake ya i tutumela ngenxa yompongolo ka Nkulunkulu. E se ngene emzini lowo muntu, wa bika, wa se u mbongoza umuzi wonke. 14 Wa ti uEli ukuzwa umsindo wokumbongoza, wa ti, U sho ukutini umsindo wa lawa maxokoxoko na? Wa shesha lowo muntu, wa fika wa m tshela uEli. 15 UEli wa e neminyaka e ngamashumi a isishiyangalolunye nesishiyangalombili; amehlo ake a e se te ngqi, wa e nge namandhla okubona. 16 Lowo muntu wa ti ku Eli, Yimi lo o puma empini, ngi baleke empini namhla. Wa ti, Ku be njani, mntanami? 17 Wa pendula o lete imbiko, wa ti, UIsraeli u balekile pambi kwamaFilisti, ku cekwe kakulu abantu, amadodana ako omabili, oHofeni noFinehasi, ka ba seko, ku dhliwe nompongolo ka Nkulunkulu. 18 Kwa ti, e sa pata nje umpongolo ka Nkulunkulu, uEli wa wa nyovane esihlalweni sake nga sesangweni; kw'apuka intamo yake, wa fa: ngokuba wa e se ixegu, e sindana. Wa be ahlulele uIsraeli iminyaka e ngamashumi amane.

19 Umalokazana wake, umka Finehasi, wa e kulelwe, e se za kubeleta: wa ti ukuzwa imbiko ukuti umpongolo ka Nkulunkulu u dhliwe, nokuti umezala wake nomyeni wake ka ba seko, wa s'e konkobala wa beleta; ngokuba wa fikelwa izinseka. 20 Ngesikati sokufa kwake abesifazana aba b'emi kuye ba ti kuye, Mus'ukwesaba; ngokuba u belete indodana. Kepa ka pendulanga, a ka ku nakanga. 21 Wa mu ta umntwana igama, wa ti uIkabode, e ti, Udumo lu mukile kwa Israeli; ngokuba umpongolo ka Nkulunkulu u dhliwe, na ngenxa ka mezala wake nomyeni wake. 22 Wa ti, Udumo lu mukile kwa Israeli; ngokuba umpongolo ka Nkulunkulu u dhliwe.

5 AmaFilisti a be tabatile umpongolo ka Nkulunkulu, a wu susa eEbenezeri a wu yisa eAshdodi. 2 AmaFilisti a tabata umpongolo ka Nkulunkulu, a wu yisa endhlini ka Dagon, a wu misa nga kuye uDagon. 3 Aba seAshdodi se be vukile nga ngomso, nangoke uDagon e wile pansi ngobuso pambi kwompongolo ka Jehova. Ba m tabata uDagon, ba m buyisela endaweni yake. 4 Se be vukile ekuseni nga ngomso, nango uDagon e wile pansi ngobuso pambi kwompongolo ka Jehova; ku nqamukile ikanda li ka Dagon nezimpama zezandhla zake zombili zi sembundwini womnyango; kwa sala isidumbu nje si ka Dagon kuye. 5 Ngakoke abapristi ba ka Dagon, nabo bonke aba ngena endhlini ka Dagon, a ba nyateli embundwini womnyango ka Dagon eAshdodi ku ze ku be namhla.

6 Kepa isandhla si ka Jehova sa ba nzima pezu kwaba seAshdodi, wa ba citakalisa, wa ba shaya ngamatumba, iAshdodi nemikaulo yalo. 7 Abantu ba seAshdodi ba ti ukubona ukuti ku njalo, ba ti, Umpongolo ka Nkulunkulu ka Israeli a u yi kuhlala kiti; ngokuba isandhla sake si lukuni pezu kwetu, na pezu ku ka Dagon unkulunkulu wetu. 8 Ba se be tuma ba butela kubo amakosi onke amaFilisti, ba ti, Si zo kwenzani ngompo-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku hlushwa imizi. Umpongolo u buyiswa u ya eBete-shemeshe.

ngolo ka Nkulunkulu ka Israeli? A ti, Umpongolo ka Nkulunkulu ka Israeli ma u gwegweziswe u ye eGati. Ba se be wu gwegwezisa umpongolo ka Nkulunkulu ka Israeli. 9 Kwa ti se be wu gwegwezisile, isandhla si ka Jehova sa melana na lowo muzi ngokudunga okukulu kakulu: wa shaya abantu bomuzi, abancinyane nabakulu; amatumba a qamuka kubo. 10 Ba wu tumela umpongolo ka Nkulunkulu eEkron. Kwa ti, ngokufika kwompongolo ka Nkulunkulu eEkron, aba seEkron ba mbongoza ba ti, Ba gwegwezisele kiti umpongolo ka Nkulunkulu ka Israeli, ukuba u si bulale tina nabakiti. 11 Ba tuma ba buta amakosi onke amaFilisti, ba ti, Wu mukiseni umpongolo ka Nkulunkulu ka Israeli, u buyele endaweni yawo, u nga si bulali tina nabakiti. Ngokuba kwa ku kona emzini wonke ukudungeka kwokufa; isandhla si ka Nkulunkulu sa si nzima kakulu kona. 12 Abantu aba nga fanga ba shaywa ngamatumba; ukukala kwomuzi kw'enyukela ezulwini.

6 Umpongolo ka Jehova wa u sezweni lamaFilisti izinyanga ezi sikombisa. 2 AmaFilisti a biza abapristi nababhulayo, a ti, Si zo kwenzani ngompongolo ka Jehova? s'aziseni ukuba si nga wu mukisa nani u ye endaweni yawo. 3 Ba ti, Uma ni mukisa umpongolo ka Nkulunkulu ka Israeli, ni nga wu mukisize; kepa a no wu buyisela kuye ni wu buyisele u nomnikelo wecala: yikona ni ya kupiliswa, kwazeke kini ukuba isandhla sake a si suswa kini ngani. 4 A se ti, U ya kuba yini umnikelo wecala esi ya kuwubuyisela kuye? Ba ti, a ku be amatumba a isihlanu egolide, namagundane a isihlanu egolide, njengomumo wamakosi amaFilisti; ngokuba isifo sinye sa si pezu kwenu nonke na pezu kwamakosi enu. 5 Ngakoke a no kwenza imifanekiso yamatumba enu, nemifanekiso yamagundane enu a l'onayo izwe; ni m nike udumo uNkulunkulu ka Israeli: mhlaumbe u ya kusenza lula isandhla sake pezu kwenu, na pezu kwa onkulunkulu benu, na pezu kwezwe lenu. 6 Po, ni z'enzelani zi be lukuni izinhliziyo zenu, njengaloku aba sEgipite noFaro b'enza izinhliziyo zabo za ba lukuni? Lapo wa be enze ngokumangalisayo pakati kwabo, a ba ba dedelanga yini, b'emuka? 7 Kalokuke tabatani ni lungise ingqukumbane entsha, nezindhlezane ezimbili ezi nga bonanga zi boshelwa ngejokwe; ni bopele izinkomazi engqukumbaneni, ni buyisele ekaya izinkonyana zazo; 8 ni tabate umpongolo ka Jehova, ni wu beke engqukumbaneni, impahla yegolide, eni yi buyisela kuye i be umnikelo wecala, ni yi fake ebokisini eli secaleni lawo; ni wu mukise u hambe. 9 Ni boneke, uma wenyuka ngendhlela ya semkaulweni wawo ukuya eBete-shemeshe, ko ba nguye o s'enzele lobu bubi obukulu: kepa uma ku nga bi njalo, si ya kwazi ukuti a siso isandhla sake esisishayileyo; s'ehlelwa umehlo nje.

10 B'enze njalo abantu, ba tabata izindhlezane ezimbili, ba zi bopela engqukumbaneni, ba valela izinkonyana zazo ekaya; 11 ba beka umpongolo ka Jehova engqukumbaneni, nebokisi eli namagundane egolide, nemifanekiso yamatumba. 12 Izinkomazi za qonda za ti ntse ngendhlela e ya eBete-shemeshe; za hamba ngomgwaqo, zi hamba zi kala, a zi pambukelanga nga kwesokunene na nga kwesokohlo; amakosi amaFilisti a zi landela a ze a fika emkaulweni weBete-shemeshe. 13 Aba seBete-shemeshe ba be vuna ukolweni esigodini; ba pakamisa amehlo abo, ba bona umpongolo, ba tokoza ukuwubona. 14 Ingqukumbane ya ngena ensimini ka Joshua wa seBete-shemeshe, y'ema kona, lapo kwa ku kona itshe elikulu: ba se be banda ingqukumbane ya ba izinkuni, ba nikela izinkomazi zi be umnikelo oshiswayo ku Jehova. 15 AbaLevi ba se b'etula umpongolo ka Jehova, nebokisi ela li nawo, okwa ku kulo impahla yegolide, ba ku beka etsheni elikulu: abantu ba seBete-shemeshe

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

USamuweli wahlula amaFilisti; u misa itshe iEbenezeri.

ba nikela iminikelo eshiswayo, ba hlaba imihlatshelo ku Jehova nga lolo suku. 16 Amakosi a isihlanu amaFilisti e se ku bonile a buyela eEkron nga lolo suku.

17 Yilawa amatumba egolide amaFilisti awabuyisayo a be umnikelo wecala ku Jehova: elinye eleAshdodi, elinye eleGaza, elinye eleAshkelon, elinye eleGati, elinye eleEkron; 18 namagundane egolide a e njengomumo wemizi yonke yamaFilisti yamakosi a isihlanu, imizi ebiyelweyo nemizana yamapandhle, ku ze ku be setsheni elikulu aba beka kulo umpongolo ka Jehova, eli kona na namhla ensimini ka Joshua wa seBete-shemeshe.

19 Wa bulala abantu ba seBete-shemeshe, ngokuba ba lunguza empongolweni ka Jehova, wa bulala abantu aba ngamashumi a isikombisa, nabantu aba izinkulungwane ezi ngamashumi a isihlanu; abantu ba lila, ngokuba uJehova wa e bulele abantu ngokuceka okukulu. 20 Abantu ba seBete-shemeshe ba ti, Ubani o namandhla okuma pambi ku ka Jehova, lo Nkulunkulu ongcwele? u ya kwenyukela ku bani e suka kitina? 21 Ba tuma izigijimi kwabakileyo eKiriyati-jeharim, be ti, AmaFilisti a buyise umpongolo ka Jehova; yehlani, ni wu kupulele kini. 1 Ba fika-ke abantu ba seKiriyati-jeharim, b'enyusa umpongolo ka Jehova, ba wu ngenisa endhlini ka Abinadabe egqumeni, ba ngcwelisa uElazare indodana yake ukuba a gcine umpongolo ka Jehova. 2 Kwa ti ke ku sukela osukwini umpongolo owa hlala ngalo eKiriyati-jeharim, kwa ba isikati eside; ngoba kwa ba iminyaka e ngamashumi amabili: indhlu yonke ka Israeli ya kihla isililo ngoJehova.

3 USamuweli wa kuluma kuyo yonke indhlu ka Israeli, wa ti, Uma ni buyela ku Jehova ngenhliziyo yonke yenu, susanike pakati kwenu onkulunkulu bezizwe na oAshtaroti, ni zinzise izinhliziyo zenu ku Jehova, ni m konze yena yedwa; u ya kunopula esandhleni samaFilisti. 4 Aba kwa Israeli ba susake oBale na oAshtaroti, ba konza uJehova yedwa.

5 USamuweli wa ti, Qoqelani uIsraeli wonke eMizpa, ngi ni tandazele ku Jehova. 6 Ba qoqanake eMizpa, b'aka amanzi, ba wa tulula pambi ku ka Jehova, ba zila ukudhla nga lolo suku, ba ti kona, S'onile ku Jehova. USamuweli w'ahlulela aba kwa Israeli eMizpa. 7 AmaFilisti se e zwile ukuti aba kwa Israeli ba qoqene eMizpa, amakosi amaFilisti enyukela ukulwa noIsraeli. Ba ti ukuzwa loko aba kwa Israeli b'esaba amaFilisti. 8 Aba kwa Israeli ba ti ku Samuweli, U nga yeki ukusikalela ku Jehova uNkulunkulu wetu, ukuba a si sindise esandhleni samaFilisti. 9 USamuweli wa tabata imvana encelayo, wa yi nikela i be umnikelo opeleleyo oshiswayo ku Jehova: uSamuweli wa kalela uIsraeli ku Jehova; uJehova wa m pendula. 10 Kwa ti uSamuweli e sa nikela umnikelo oshiswayo, a sondela amaFilisti ukulwa noIsraeli; uJehova wa duma ngokuduma okukulu nga lolo suku pezu kwamaFilisti, wa wa dunga; a citwa pansi pambi kwaba kwa Israeli. 11 Amadoda a kwa Israeli a puma eMizpa, a xosha amaFilisti, a wa bulala, a za a fika ngapansi kweBete-kare.

12 USamuweli wa tabata itshe, wa li misa pakati kweMizpa neShen, wa qamba igama lalo ngokuti iEbenezeri, e ti, Kwa ze kwa ba manje uJehova u si sizile. 13 AmaFilisti a vovwake, ka be sa pinda ukungena ezweni la kwa Israeli: isandhla si ka Jehova sa melana namaFilisti izinsuku zonke zi ka Samuweli. 14 Imizi amaFilisti a be yi tabatile ku Israeli ya buyela ku Israeli, ku suka eEkron ku ze ku be seGati; umkaulo wayo wa w'opula uIsraeli esandhleni samaFilisti. Kwa ba kona ukutula pakati ku ka Israeli namaAmori.

15 USamuweli w'ahlulela uIsraeli izinsuku zonke zokupila kwake. 16 Wa hamba iminyaka ngeminyaka e zungeza e ya eBeteli, na seGiligali, na seMizpa; w'ahlulela uIsraeli kuzo

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Abantu ba cela inkosi. USaule u funa izimbongolo zi ka yise.

zonke lezo zindawo. 17 Wa e buyela eRama, ngoba yilapo kwa ku kona indhlu yake; w'ahlulela uIsraeli kona: wa m akela kona uJehova ilati.

8 Kwa ti, uSamuweli e se mdala, wa beka amadodana ake a be abahluli pezu ku ka Israeli. 2 Igama lendodana yake yamazibulo la li nguJoweli; igama leyesibili la li nguAbija: ba be abahluli eBere-sheba. 3 Kepa amadodana ake ka hambanga ngezindhlela zake, a pambuka e funa inzuzo embi, a dhla imivuzo, a pambukisa izinqumo.

4 Amalunga onke a kwa Israeli a qoqana, a ya ku Samuweli eRama; 5 a ti kuye, Bheka, u su gugile, amadodana ako ka hambi ngezindhlela zako: si bekele pela inkosi i s'ahlulele njengezizwe zonke. 6 Kepa leyo nto ya bambi emehlweni ka Samuweli, lapo be ti, Si nike inkosi i s'ahlulele. USamuweli wa tandaza ku Jehova. 7 UJehova wa ti ku Samuweli, Lalela izwi labantu ngako konke abakushoyo kuwe; ngoba a si wena abakulahlileyo, ba lahle mina, ukuba ngi nga bi inkosi yabo. 8 Njengemisebenzi yonke abayenzileyo ku sukela osukwini enga b'enyusa ngalo Egipite ku ze ku be namhla, loku ba ngi shiyile, ba konza abanye onkulunkulu, b'enze njalo na kuwe. 9 Li lalele izwi labo: nokoke wo gamela nokugamela kubo, u ba tshele isiko lenkosi e ya kubusa pezu kwabo.

10 USamuweli wa ba tshelake abantu aba cela inkosi kuye amazwi onke ka Jehova. 11 Wa ti, Li ya kuba nje isiko lenkosi e ya kubusa pezu kwenu: i ya kutabata amadodana enu, i zimisele wona ezinqolaneni zayo zempi, nokuba a be abakwel'amahashi bayo; a ya kugijima pambi kwezinqolana zayo zempi; 12 i ya kuzimisela wona a be izinduna zezinkulungwane, nezinduna zamashumi a isihlanu; amanye a be awokulima umhlabati wayo, nawokuvuna isivuno sayo, nawokwenza impahla okulwa, nempahla yezinqolana zayo. 13 I ya kutabata amadodakazi enu a be abataki, nabapeki, nabosi bezinkwa. 14 I tabate amasimu enu, nezivini zenu, namasimu enu eminqumo, amahle i wa nike izinceku zayo. 15 I tabate okweshumi kwembeu yenu, nokwesivini senu, i ku nike izinduna zayo, nezinceku zayo. 16 I tabate izigqili zenu zesilisa nezesifazana, nezinsizwa zenu ezinhle, nezimbongolo zenu, i zi sebenzise emsebenzini wayo. 17 I tabate okweshumi kwezimvu zenu: ni be izigqili zayo. 18 Ni ya kukala nga lolo suku ngenkosi yenu eno be ni ziketele yona; uJehova a ka yi kunipendula nga lolo suku.

19 Kepa abantu b'ala ukulalela izwi li ka Samuweli; ba ti, Ayi; si funa ukuba si be nenkosi, 20 ukuba nati si be njengezizwe zonke, inkosi yetu i s'ahlulele, i pume pambi kwetu, i lwe izimpi zetu. 21 USamuweli w'ezwa amazwi onke abantu, wa wa landa ezindhlebeni zi ka Jehova. 22 UJehova wa ti ku Samuweli, Lalela izwi labo, u ba bekele inkosi. Wa ti ke uSamuweli ku madoda a kwa Israeli, Hambani, ni ye ilowo emzini wa kubo.

9 Kwa ku kona umuntu wa kwa Benjamin, o gama lake la li nguKishe, ka Abiyeli, ka Zerore, ka Bekorati, ka Afiya, indodana yomBenjamin, umnumzana ocebileyo. 2 Wa e nendodana, e gama layo la li nguSaule, insizwa enhle: kwa ku ngeko muntu kwaba kwa Israeli omuhle kunaye: wa e mude kunabo bonke abantu ku suka emahlombe ku ya pezulu. 3 Kwa lahleka izimbongolo zi ka Kishe, uyise ka Saule. UKishe wa ti ku Saule indodana yake, Tabata omunye wabafana, u suke, u yo funa izimbongolo. 4 Wa dabula ezintabeni za kwa Efrayim, wa dabula na sezweni la seShalisha, a ba zi fumananga: ba se be dabula ezweni la seShalim, za zi ngeko na lapo: wa dabula ezweni lamaBenjamin, ka ba zi fumana.

5 Ba ti ukufika ezweni la seZufi, uSaule wa ti ku mfana wake owa e naye, Woza, ma si buye, funa ubaba

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

USaule u ya ku Samuweli a dhle naye.

a nga be e sa naka izimbongolo, a be nenqe ngati. **6** Wa ti kuye, A u bheke, u kona ku lo muzi umuntu ka Nkulunkulu, umuntu odumileyo; konke akukulumayo ku y'enzeka impela: a si ye kona; mhlaumbe a nga si yalela indhlela esi hamba ngayo. **7** USaule wa s'e ti ku mfana wake, Bheka, uma si ya kona, si ya kumpatelani lo muntu? ngoba isinkwa si pelile ezitsheni zetu, a siko isipo esi nga si yisa ku lo muntu ka Nkulunkulu: si nantoni na? **8** Umfana wa pinda wa pendula uSaule, wa ti, Bheka, ku kona lapa esandhleni sami okwesine kweshekeli lesiliva: ngi ya kumnika loko umuntu ka Nkulunkulu, ukuba a si yalele indhlela yetu. **9** (Kwa ku ba nje kwa Israeli endulo, nxa umuntu e ya kubuza ku Nkulunkulu, wa e ti, Woza, ma si ye ku mboni; ngokuba lo o tiwa umprofeti namhla wa e bizwa ngokuti umboni pambili.) **10** USaule wa s'e ti ku mfana wake, U tata kahle; hamba si hambe. Ba hambake ba ya emzini lapo umuntu ka Nkulunkulu wa e kona.

11 Be s'enyuka ummango ukuya emzini, ba fumana amantombazana e ya kuka amanzi, ba ti kuwo, U kona nje umboni na? **12** A ba pendula a ti, U kona; nangu pambi kwako: shesha kodwa, ngokuba u fikile namhla emzini; ngoba ku kona namhla umhlatshelo wabantu endaweni epakemeyo. **13** No ti ukuba ni ngene qede emzini ni m fumane, e nga k'enyukeli endaweni epakemeyo ukuya kudhla; ngoba abantu a ba yi kudhla e nga ka fiki, ngoba uyena o busisa umhlatshelo; andubake ba dhle abamenyiweyo. Ngakoke yenyukani; ngokuba ni ya kumfumana nga lesi sikati. **14** B'enyukelake emzini; be sa ngena pakati kwomuzi, nangoke uSamuweli e pumela kubo, enyukela endaweni epakemeyo.

15 Kepake uJehova wa e m ambule indhlebe uSamuweli nga izolo uSaule e nga ka fiki, wa ti, **16** Nga lesi sikati ngomuso ngi ya kutuma kuwe umuntu wa sezweni la kwa Benjamin; u ya kumgcoba a be isikulu pezu kwabantu bami uIsraeli; u ya kusindisa abantu bami esandhleni samaFilisti: ngokuba ngi ba bonile abantu bami, ngokuba ukukala kwabo ku fikile kimi. **17** Kwa t'uba uSamuweli a bone uSaule, uJehova wa ti kuye, Nangoke umuntu engi kulume ngaye kuwe! uyena o ya kuba namandhla pezu kwabantu bami. **18** USaule wa s'e sondela ku Samuweli esangweni, wa ti, A ke u ngi tshele ukuba ipi indhlu yomboni. **19** USamuweli wa m pendula uSaule, wa ti, Yimina umboni; yenyuka pambi kwami u ye endaweni epakemeyo, ngokuba ni ya kudhla nami namhla: ko ti kusasa ngi ku mukise, ngi ku tshele konke oku senhliziyweni yako. **20** Izimbongolo zakoke, e se zi nezinsuku ezintatu zi lahlekile kuwe, u nga beki inhliziyo yako kuzo; ngokuba zi toliwe. Oku ka bani konke okunxanelekayo kwa Israeli? A siko okwako nokwendhlu yonke ka yihlo na? **21** USaule wa pendula wa ti, A ngi siye umBenjamin, owesincinyane sezizwe za kwa Israeli? nomndeni wa kwetu mncane kuyo yonke imindeni yesizwe sa kwa Benjamin? po, u kulumelani kanje kimi?

22 USamuweli wa tata uSaule nomfana wake, wa ba ngenisa ekamelweni, wa ba nika indawo e umqoka kwabamenyiweyo, aba nga ba amashumi amatatu. **23** USamuweli wa ti ku mpeki, Leta isabelo engi ku nike sona, engi te kuwe ngaso, Si beke nga kuwe. **24** Umpeki wa tabata umlenze nokwa ku pezu kwawo, wa ku beka pambi ku ka Saule. USamuweli wa ti, Naku o hlinzekwe ngako! ku beke pambi kwako, u dhle; ngokuba ku gcinelwe wena ku ze ku fike lesi sikati esimisiweyo, ngokuba ngi te, Ngi memile abantu. USaule wa dhlake noSamuweli nga lolo suku.

25 Se b'ehlile endaweni epakemeyo ba ya emzini, wa kuluma noSaule opahleni lwendhlu. **26** Ba vuka ekuseni: kwa ti se ku tat'ukusa, uSamuweli wa biza uSaule e sopahleni lwendhlu, wa ti, Vuka, ngi ku mukise.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Wa vukake uSaule, ba puma ba ya pandhle bobabili, yena noSamuweli. 27 Be s'ehla ekugcineni kwomuzi, uSamuweli wa ti ku Saule, Yisho ku mfana ukuba a dhlule pambi kwetu (wa dhlulake), kepa wena mana lapa kuqala, ukuba ngi zwakalise kuwe izwi li ka Nkulunkulu.

10 USamuweli wa s'e tabata umfuma wamafuta, wa m tela ekanda ngawo, wa m anga, wa ti, Angiti uJehova u ku gcobile ukuba u be isikulu pezu kwefa lake? 2 Nxa u su mukile kimi namhla, u ya kufumana abantu ababili nga setuneni li ka Ratsheli, emkaulweni wa kwa Benjamin eZeleza; ba ya kuti kuwe, Izimbongolo owa ya kuzifuna zi toliwe; bheka, uyihlo u se delile izimbongolo, u se nenqe ngawe, u ti, Ngi za kwenzenjani ngomntanami? 3 Wo ti u dhlule lapo u ye pambili, u fike emokini wa seTabore; ku ya kuhlangana nawe lapo abantu abatatu b'enyukela ku Nkulunkulu eBeteli, omunye e pete amacwane amatatu ezimbuzi, omunye e pete izinkwa ezintatu, omunye e pete imvaba yewayini: 4 ba ya kukubingelela, ba ku nike izinkwa ezimbili, u zamkele esandhleni sabo. 5 Andubake u fike entabeni ka Nkulunkulu, lapo ku sekandeni lamaFilisti: ko ti nxa u su fikile kona emzini, u hlangane nesigejane sabaprofeti b'ehla endaweni epakemeyo be pete ugubu, nesigubu, nevenge, nenkoka, pambi kwabo; ba ya kuba be profeta: 6 uMoya ka Jehova u ya kukufikela ngamandhla, u profete nabo, u penduke umuntu mumbe. 7 Ma ku ti nxa u su fikelwe ilezi zibonakaliso, wenze njengetuba olifumanayo; ngokuba uNkulunkulu u nawe. 8 U zo kwehla pambi kwami ukuya eGiligali; bheka, ngi ya kwehlela kuwe, ukuba ngi nikele iminikelo eshiswayo, ngi hlabe imihlatshelo yeminikelo yokutula: wo hlala izinsuku ezi isikombisa, ngi ze ngi fike kuwe, ngi ku tshele o za kukwenza.

9 Kwa t'uba a fulatele e muka ku Samuweli, uNkulunkulu wa m guqula wa ba nenye inhliziyo: kwa fika lezo zibonakaliso zonke nga lolo suku. 10 Ba ti ukufika lapo egqumeni, nasoke, isigejane sabaprofeti si m hlangabeza; uMoya ka Nkulunkulu wa m fikela ngamandhla, wa profeta pakati kwabo. 11 Kwa ti ke, bonke aba be m azi pambili se be bonile ukuti nangu e profeta nabaprofeti, abantu ba se be kuluma omunye komunye, ba ti, Ku yini loku okwehlele indodana ka Kishe? Kanti uSaule naye u pakati kwabaprofeti na? 12 Kwa pendulake owa kona wa ti, Ubani uyise wabo? Ngakoke kwa se ku ba isaga sokuti, Kanti uSaule naye u pakati kwabaprofeti na? 13 Se e qedile ukuprofeta, wa fika endaweni epakemeyo.

14 Uyisekazi ka Saule wa ti kuye na ku mfana wake, Kade ni ye ngapi? Wa ti, Be si ye kufuna izimbongolo; sa ti ukubona ukuti a zi tolakali sa se si ya ku Samuweli. 15 Uyisekazi ka Saule wa ti, A ku ngi tshele ukuti uSamuweli u teni kini. 16 USaule wa ti ku yisekazi, U si tshele kahle ukuti izimbongolo zi toliwe. Kodwa ka m tshelanga indaba yombuso, a kuluma ngayo uSamuweli.

17 USamuweli wa memela abantu ku Jehova eMizpa; 18 wa ti kwaba kwa Israeli, U ti uJehova, uNkulunkulu ka Israeli, Ng'enyusa uIsraeli Egipite, nga n'opula esandhleni saba sEgipite, na sesandhleni semibuso yonke eyanibandezelayo: 19 kepa namhla ni m lahlile uNkulunkulu wenu, yena onisindisayo emahlekeleleni onke enu, na sezinsizini zenu; ni te kuye, Hayi, si misele inkosi. Kalokuke yimani pambi ku ka Jehova ngezizwe zenu, na ngezinkulungwane zenu. 20 USamuweli wa sondeza izizwe zonke za kwa Israeli, kwa dhliwa isizwe sa kwa Benjamin. 21 Wa sondeza isizwe sa kwa Benjamin ngemindeni yabo, kwa dhliwa umndeni wama-Matri; wa dhliwa uSaule ka Kishe: kepa se be m funa a ka ze a funyanwa. 22 Ba buya ba buza ku Jehova ba ti, Ku se kona o za kufika lapa na? UJehova wa ti, Nangu e

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

cashile empahleni. 23 Ba gijima ba m landa kona; wa ti e se mi pakati kwabantu, wa pakama kunabantu bonke ku suka emahlombe ku ya pezulu. 24 USamuweli wa ti ku bantu bonke, Ni ya m bona amketileyo uJehova, ukuti kako o njengaye ku bantu bonke na? Ba se be hlokoma abantu bonke ba ti, Inkosi ma i me njalo.

25 USamuweli wa s'e tshela abantu isiko lombuso, wa li loba encwadini, wa yi beka pambi ku ka Jehova. USamuweli wa mukisa abantu bonke, ilowo wa ya endhlini yake. 26 USaule naye wa ya endhlini yake eGibeha; kwa hamba naye impi e zinhliziyo zayo uNkulunkulu e zi tintile. 27 Kepa amahatanga atile a ti, Ku ya kusisindisa kanjani loku? A m delela, a m letelanga isipo. Kepa wa zitulela nje.

11 Konake uNahashi umAmon w'enyuka, wa yi pakela impi iJabeshe-giliyadi: abantu bonke ba seJabeshe ba ti ku Nahashi, Yenza isivumelwano nati, si ya kukukonza. 2 UNahashi umAmon wa ti kubo, Ngi ya kusenza nani nga loku, ukuba ku kishwe amehlo onke enu okunene; ngi ku beke ku be isihlamba pezu ku ka Israeli wonke. 3 Amalunga a seJabeshe a ti kuye, Si yeke nje izinsuku ezi isikombisa, ukuba si tume izigijimi emikaulweni yonke ya kwa Israeli; ku ti uma ku ngeko muntu wokusisindisa si pumele kuwe. 4 Za se zi fika izigijimi eGibeha la kwa Saule, za kuluma lawa mazwi ezindhlebeni zabantu: abantu bonke ba dazuluka, ba kala. 5 Nangoke uSaule, eza e landela izinkabi e vela ensimini; wa ti uSaule, Ba nani abantu be kala njena na? Ba se be m landisa amazwi abantu ba seJabeshe.

6 UMoya ka Nkulunkulu wa m fikela ngamandhla uSaule e se zwile lawo mazwi, lwa vuta ulaka lwake kakulu. 7 Wa tabata umbangqwa wezinkabi, wa zi hlahlela, wa zi tumela emikaulweni yonke ya kwa Israeli ngesandhla sezigijimi, e ti, Lowo o nga pumi a landele uSaule noSamuweli, ku ya kwenziwa kanje ezinkabini zake. Abantu b'ehlelwa uvalo ngoJehova, ba puma kungati umuntu munye. 8 Wa ba bala eBezeki; aba kwa Israeli ba be izinkulungwane ezi ngamakulu amatatu, abantu ba kwa Juda ba be izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu. 9 Ba ti ezigijimini ezafikayo, A no ti ku bantu ba seJabeshe-giliyadi, Ngomuso, ngesikati sokubalela kwelanga, ni ya kusindiswa. Izigijimi za fika za tshela abantu ba seJabeshe; ba tokoza. 10 Ngakoke abantu ba seJabeshe ba ti, Ngomuso si ya kupumela kini, n'enze kitina konke okuhle emehlweni enu. 11 Kwa ti nga ngomso, uSaule wa viva abantu ba ba izigaba ezintatu; ba fika pakati kwekamu ngomlindo wokusa, ba bulala amaAmon la za la balela: abasalayo ba hlakazeka, a ku salanga kubo ababili be ndawonye.

12 Abantu ba ti ku Samuweli, Ubani o te, Konje, uSaule u ya kuba inkosi pezu kwetu na? ba leteni labo bantu, ukuba si ba bulale. 13 Wa ti uSaule, A ku yi kubulawa muntu namhla; ngoba namhla uJehova wenzile usindiso kwa Israeli.

14 USamuweli wa be se ti ku bantu, Wozani, si ye eGiligali, si vuse umbuso kona. 15 Abantu bonke ba ya eGiligali; ba m beka inkosi kona uSaule pambi ku ka Jehova eGiligali; ba hlaba kona imihlatshelo yeminikelo yokutula pambi ku ka Jehova; uSaule wa tokoza kona, nabantu bonke ba kwa Israeli ba tokoza kakulu.

12 USamuweli wa ti ku Israeli wonke, Bhekani, ngi lalele izwi lenu ngako konke enakushoyo kimi, ngi ni bekele inkosi. 2 Manje, bhekani, inkosi i ya hamba pambi kwenu; se ngi gugile, ngi ingwevu; bhekani, amadodana ami a kini: mina ngi hambe pambi kwenu kwa sebusheni bami ku ze ku be namhla. 3 Naku ngi kona: fakazani ngami pambi ku ka Jehova, na pambi kwogcotshiweyo wake: ngi tate inkomo ka bani? ngi tate imbongolo ka bani? ngamuke ubani uto? ngi pate bani ngoshaba?

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ngamkele umvuzo esandhleni si ka bani ukuba ngi zipuputekise amehlo ngayo? ngi ya kukubuyisela kini. 4 Ba ti, A u s'amukanganto, a u si patanga ngoshaba, a wamkelanga luto esandhleni somuntu. 5 Wa ti kubo, UJehova u ngufakazi ngani, nogcotshiweyo wake u ngufakazi namhla wokuti, a ni tolanga luto esandhleni sami. Ba ti, U ngufakazi.

6 Wa ti uSamuweli ku bantu, Ku nguJehova owa misa uMoses noAron, now'enyusa oyihlo ezweni la sEgipite. 7 Kalokuke yimani, ukuba ngi mangalelane nani pambi ku ka Jehova ngezenzo ezilungileyo zonke zi ka Jehova, a z'enza kini na koyihlo. 8 UJakobe e se fikile Egipite, oyihlo ba kala ku Jehova, uJehova wa s'e tuma uMoses noAron aba kipa oyihlo Egipite, ba ba hlalisa ku le ndawo. 9 Kodwa ba kohlwa uJehova uNkulunkulu wabo; wa tengisa ngabo esandhleni si ka Sisera, induna yempi ka Hazore, na sesandhleni samaFilisti, na sesandhleni senkosi ya kwa Moabe; ba lwa nabo. 10 Ba kala ku Jehova, ba ti, S'onile, ngokuba si m shiyile uJehova, sa konza oBale na oAshtaroti: kodwa kaloku s'opule esandhleni sezita zetu, si ku konze. 11 UJehova wa tuma uJerubale, noBedan, noJefta, noSamuweli, wa n'opula esandhleni sezita zenu inxa zonke; na hlala ngokulondeka. 12 Na ti ke ukubona uNahashi inkosi yaba kwa Amon i ni hlasela, na se ni ti kimi, Hayi, ma si buswe inkosi; inganti uJehova uNkulunkulu wenu u be inkosi yenu. 13 Ngakoke nansi inkosi eniyiketileyo, neniyicelileyo: bhekani, uJehova u ni bekele inkosi. 14 Uma ni m esaba uJehova, ni m konze, ni lalele izwi lake, ni nga hlubuki ezwini li ka Jehova; uma nina nenkosi yenu enibusayo ni landela uJehova uNkulunkulu wenu, kuhle: 15 kodwa uma ni nga laleli izwi li ka Jehova, ni hlubuka ezwini li ka Jehova, konake isandhla si ka Jehova si ya kumelana nani, njengaloku sa melana na oyihlo. 16 Yimanike, ni bone le nto enkulu a za kuyenza uJehova pambi kwamehlo enu. 17 A ku vunwa ukolweni namhla na? Ngi ya kukuleka ku Jehova ukuba a tume ukuduma nemvula; ni ya kwazi ni bone ukuti ububi benu bukulu eni b'enze emehlweni ka Jehova ngokucela inkosi. 18 USamuweli wa kulekake ku Jehova; uJehova wa tuma ukuduma nemvula nga lolo suku: abantu bonke b'esaba uJehova noSamuweli kakulu.

19 Abantu bonke ba ti ku Samuweli, Tandazela izinceku zako ku Jehova uNkulunkulu wako, ukuba si nga fi; ngokuba s'enezelele lobu bubi kuzo izono zetu ngokuzicelela inkosi. 20 USamuweli wa ti ku bantu, Musan'ukwesaba: impela ni b'enzile lobu bubi bonke; noko musani ukupambuka ekumlandeleni uJehova; m konzeni uJehova ngenhliziyo yonke yenu: 21 ni nga pambuki; ngokuba no ba ni landela izinto ezi ize, ezi nge na kusiza luto, ezi nge na kwopula, ngokuba zi ize. 22 Ngoba uJehova ka yi kudela abantu bake ngenxa yegama lake elikulu, ngoba kwa ku kuhle ku Jehova ukuba a n'enze ni be isizwe ku yena. 23 Futike mina, ma ku be kude kimi, ukuba ng'one ku Jehova ngokuyeka ukunitandazela: kepa ngi ya kuniyalela indhlela elungileyo ne te ntse. 24 Yesabani uJehova kodwa, ni m konze ngeqiniso ngenhliziyo yonke yenu; ngoba pela bonani okukulu a kwenzele nina. 25 Kepa uma ni sa kwenza okubi ni ya kuqedwa, nina nenkosi yenu.

13 USaule wa e neminyaka e ngamashumi amane ekuqaleni kwake ukubusa; e se busile iminyaka emibili kwa Israeli, 2 uSaule wa ziketela amadoda a izinkulungwane ezintatu a kwa Israeli; izinkulungwane ezimbili za zi noSaule eMikemashi na sentabeni ya seBeteli, inkulungwane ya i noJonatan eGibeha la kwa Benjamin: abantu abaseleyo wa ba mukisa ilowo wa ya etenteni lake. 3 UJonatan wa cita amaFilisti a sekandeni ela li seGeba; a ku zwa amaFilisti. USaule wa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

USaule u hlaba ngoku nge siko. Ukuma kwezwe.

shaya icilongo ezweni lonke, e ti, Ma k'ezwe amaHeberu. 4 UIsraeli wonke w'ezwa ku tiwa uSaule u shayile amaFilisti a sekandeni, nokuti uIsraeli u ya nuka kuwo amaFilisti. Abantu ba butana ba m landela uSaule, ba ya eGiligali.

5 AmaFilisti a butana ukuba a lwe noIsraeli, izinqolana zempi ezi izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu, nabakwel'amahashi aba izinkulungwane ezi isitupa, nabantu aba ngangesihlabati esi sogwini lolwandhle ngobuningi: b'enyuka, ba ngenisa eMikemashi, nga sempumalanga kweBetaven. 6 A ti amadoda a kwa Israeli ukubona ukuti a nyinyekile (ngokuba abantu ba be jiyezekile), abantu ba se be casha emihumeni, na semahlozini, na semaweni, na sezinqabeni, na semigodini. 7 Amanye amaHeberu a e se welile iJordan a ya ezweni la kwa Gadi nela kwa Giliyadi; kepa uSaule wa e se seGiligali; abantu bonke ba m landela be tutumela.

8 Wa hlala izinsuku ezi isikombisa, njengesikati asimisayo uSamuweli: kepa uSamuweli a ka fikanga eGiligali; abantu ba hlakazeka kuye. 9 USaule wa ti, Letani kimi umnikelo oshiswayo, neminikelo yokutula. Wa nikela umnikelo oshiswayo. 10 Kwa ti e ti ngqosho ukunikela umnikelo oshiswayo, nangoke uSamuweli e fika; uSaule wa puma ukumhlangabeza ukuba a m bingelele. 11 USamuweli wa ti, Yini loku okwenzileyo? USaule wa ti, Yingokuba ngi bone ukuti abantu ba ya hlakazeka kimi, nawe u nga fikanga pakati kwezinsuku ezimisiweyo, ngi bona namaFilisti e butene eMikemashi; 12 nga se ngi ti, AmaFilisti a se zo kwehlela kimi eGiligali, ngi nga ka shwelezi ku Jehova: nga sala se ngi zicinelela, nga nikela umnikelo oshiswayo. 13 USamuweli wa ti ku Saule, U ntumazele; a u gcinanga umyalo ka Jehova uNkulunkulu wako, a ku yala ngawo: ngokuba uJehova u be se za kuqinisa umbuso wako kwa Israeli ku ze ku bè nini. 14 Kepa manje umbuso wako a u yi kuma: uJehova u se zifunele umuntu njengokwenhliziyo yake, uJehova u m misile a be isikulu sabantu bake, ngokuba u nga gcinanga loko a ku yala ngako uJehova. 15 W'esukake uSamuweli, wemuka eGiligali w'enyuka wa ya eGibeha la kwa Benjamin.

USaule wa bala abantu aba be kona naye, kungati abantu ab'amakulu a isitupa. 16 USaule, noJonatan indodana yake, nabantu aba be kona nabo, ba hlala eGeba la kwa Benjamin: kepa amaFilisti a ngenisa eMikemashi. 17 Abacitayo ba puma ekamu lamaFilisti ngezigaba ezintatu: esinye isigaba sa bheka ngendhlela e ya eOfra, ezweni la seShuwale; 18 esinye isigaba sa bheka ngendhlela e ya eBete-horon; esinye isigaba sa bheka ngendhlela yomkaulo o buka pansi emhosheni wa seZeboyim nga sehlane.

19 Kepake kwa ku ngeko mkandi ezweni lonke la kwa Israeli; ngokuba amaFilisti a ti, Funa amaHeberu a z'enzele izinkemba nemikonto: 20 uIsraeli wonke wa b'ehlela kuwo amaFilisti, ilowo e ya kolola isikuba, nomese wegeja lake, nezembe lake, nekuba lake; 21 noko ba be nesihlabo samakuba, nesemimese yamageja, nesezimfoloko, nesamazembe, nesokubaza izinciji. 22 Kwa ti ke ngosuku lokulwa a kwa ba biko nkemba na mkonto esandhleni sabantu bonke aba be noSaule noJonatan: kodwa ku Saule na ku Jonatan indodana yake kwa ku kona. 23 Aba sekandeni lamaFilisti ba puma ba ya esikaleni sa seMikemashi.

14 Kwa ti ngosuku olutile uJonatan ka Saule wa ti ku mfana o ludibi lwezikali zake, Woza, ma si welele ekandeni lamaFilisti, eli ngapesheya. Ka m tshelanga uyise kodwa. 2 USaule wa e hlezi emapetelweni eGibeha pansi kwomharanate o seMigron: abantu aba be naye ba be nga ba amadoda amakulu a isitupa; 3 ku kona noAhija ka Ahitubi, umfo wabo ka Ikabode, ka Finehasi, ka Eli, umpristi ka Jehova eShilo, embete iefodi. Abantu ba be ng'azi ukuti

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UJonatan nodibi lwake e Mikemashi. UJonatan wapula ukuzila.

uJonatan u hambile. 4 Pakati kwezikala uJonatan a funa ukuwela ngazo ukuya ekandeni lamaFilisti, kwa ku kona ugedhla lwewa ngalapa, nogedhla lwewa ngalapaya: igama lolunye la li iBozeze, negama lolunye la li iSene. 5 Olunye ugedhla lwa pokopelela nga senyakato malungana neMikemashi, nolunye nga seningizimu malungana neGeba.

6 UJonatan wa ti ku mfana o ludibi lwezikali zake, Woza, ma si welele ekandeni la laba aba nga sokile: ingabe uJehova u ya kusisebenzela; ngokuba a kuko okumtiyayo uJehova ukuba a sindise ngabaningi noma ngaba ingcozana. 7 Udibi lwezikali zake lwa ti kuye, Yenza konke oku senhliziyweni yako: qubeka, bheka, ngi nawe njengokwenhliziyo yako. 8 Wa s'e ti uJonatan, Bheka, si ya kuwelela ku laba bantu, si zibonakalise kubo. 9 Uma be ti kitina, Hlalani lapo si ze si finyelele kini; si ya kuma endaweni yetu, si ng'enyukeli kubo. 10 Kodwa uma be ti, Yenyukelani kitina; si ya kwenyukelake; ngoba uJehova u ba kapele esandhleni setu: loku ku ya kuba isibonakaliso kitina. 11 Ba zibonakalisa bobabili kwaba sekandeni lamaFilisti: amaFilisti a ti, Nanka amaHeberu e puma emigodini a be cashe kuyo. 12 Abantu ba sekandeni ba pendula uJonatan nodibi lwezikali zake, ba ti, Yenyukelani kitina, si ni xoxel' indaba. UJonatan wa ti odibini lwezikali zake, Yenyuka emva kwami; ngoba uJehova u ba kapele esandhleni si ka Israeli. 13 UJonatan wa kwela ngezandhla na ngezinyawo, udibi lwezikali zake lu semva kwake: ba wa pambi ku ka Jonatan; udibi lwezikali zake lwa ba bulala emva kwake. 14 Loko kuceka kwokuqala okwenziwa uJonatan nodibi lwezikali zake kwa ba abantu kungati amashumi amabili, ebangeni elingati inxenye yesoyi leeka lensimu. 15 Kwa ba kona ukututumela ekamu, na sendhle, na pakati kwabantu bonke; ba tutumela aba sekandeni nabacitayo; kwa gedezela umhlaba: kwa ba kona ukututumela oku namandhla kakulu.

16 Abalindi ba ka Saule eGibeha la kwa Benjamin ba buka; bheka, isixuku sa shekezela sa citeka, sa ya ngalapa na ngalapa. 17 USaule wa s'e ti ku bantu aba be naye, A ke ni bale, ni bone ukuba ubani ohambileyo kitina. Se be balile, nakoke uJonatan nodibi lwezikali zake be ngeko. 18 USaule wa ti ku Ahija, Leta umpongolo ka Nkulunkulu. Ngokuba umpongolo ka Nkulunkulu wa u kona nga leso sikati naba kwa Israeli. 19 Kwa ti, uSaule e sa kuluma ku mpristi, inxokozelo eya i sekamu lamaFilisti ya ya ngokwanda njalo: uSaule wa ti ku mpristi, Susa isandhla sako. 20 USaule nabantu bonke aba be naye ba butana, ba ya ekulweni: bheka, kwa ba ilowo wa lwa nomngane wake ngenkemba, kwa ku kona ukudungeka okukulu kakulu. 21 Kepake amaHeberu a kona kumaFilisti njenga semihleni, enyukela nawo ekamu, e vela inxa zonke, ambuka a ya ku baIsraeli aba be no-Saule noJonatan. 22 Futi bonke abantu ba kwa Israeli aba be cashile ezintabeni za kwa Efrayim ba ti ukuzwa ukuti amaFilisti a balekile, ba se be wa joka nabo ekulweni. 23 UJehova wa sindisa uIsraeli nga lolo suku: ukulwa kwa dhlulela nga se-Betaven.

24 Abantu ba kwa Israeli ba jiyezeka nga lolo suku; ngoba uSaule wa e ba fungisile abantu, wa ti, Ma ka qalekiswe lowo odhlayo ukudhla ku nga ka hlwi, ngi zipindisele eziteni zami. A kwa bako muntu owa ti mpuya ukudhla. 25 Abantu bonke ba ngena ehlatini; kwa ku kona uju pansi emhlabatini. 26 Abantu ba ti ukungena ehlatini, nanto uju lu consa: kepa a kwa bako muntu o yisa isandhla emlonyeni; ngokuba abantu b'esaba isifungo. 27 Kodwa uJonatan a k'ezwanga lapo uyise e fungisa abantu: wa yisa isihloko senduku eya i sesandhleni sake, wa gcoboza ngaso emakekebeni, wa buyisela isandhla emlonyeni; amehlo

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Abantu ba dhla igazi. UJonatan e se zo bulawa wopulwa abantu.

ake a qabuka. **28** Kwa se ku pendula omunye wabantu, wa ti, Uyihlo u fungise wa fungisa abantu, wa ti, Ma ka qalekiswe lowo odhlayo ukudhla namhla. Abantu ba be te lendhlelele. **29** Wa s'e ti uJonatan, Ubaba u hlupile izwe: a ke ni bheke, amehlo ami a se qabukile, ngokuba ngi te mpuya ingcozana ya lolu ju. **30** Kakulu kangakanani uma abantu be be dhlile nokudhla namhla impango yezita zabo abayifumanayo? ngokuba manje a ku cekwanga kakulu amaFilisti.

31 Ba bulala amaFilisti nga lolo suku ku suka eMikemashi-ku ze ku fike eAjalon. Abantu ba se be te lendhlelele kakulu; **32** abantu ba se be teleka empangweni, ba tata izimvu, nezinkomo, nezinkonyana, ba zi hlabela pansi; abantu ba yi dhla i negazi. **33** Ba se be tshela uSaule, ba ti, Bheka, abantu ba y'ona ku Jehova ngokudhla inyama i negazi. Wa ti, Nenze kabi: gingqelani kimi itshe elikulu namhla. **34** USaule wa ti, Hlakazekelani pakati kwabantu, ni ti kubo, Letani kimi ilowo inkomo yake, na lowo imvu yake, ni zi hlabe lapa, ni dhle; ni ng'oni ku Jehova ngokudhla inyama i negazi. Abantu bonke ba se be leta nga lobo busuku kwa ba ilowo inkomo yake ngesandhla sake, ba zi hlaba kona. **35** USaule wa m akela uJehova ilati: la li ilati lokuqala a m akela lona uJehova.

36 USaule wa ti, A s'ehle si landele amaFilisti ebusuku, si wa pange ku ze ku se, si nga shiyi muntu kuwo. Ba ti, Yenza konke okuhle emehlweni ako. Wa s'e ti umpristi, A si sondele lapa ku Nkulunkulu. **37** USaule wa buza ku Nkulunkulu, wa ti, Ng'ehle ngi wa landele amaFilisti na? u ya kuwakapela esandhleni si ka Israeli na? Ka z'a m pendula nga lolo suku. **38** Wa ti uSaule, Sondelani lapa, nina nonke zinhloko zabantu; n'azi, ni bone ukuba be sipi lesi sono namhla. **39** Ngokuba e kona uJehova, o sindisa uIsraeli, noma si ku Jonatan indodana yami, u za kufa nokufa. Kepa a kwa bako noyedwa ebantwini bonke owampendulayo. **40** Wa s'e ti ku Israeli wonke, Buyelani nganhlanye nina, mina noJonatan indodana yami si za kubuyela nganhlanye. Abantu ba ti ku Saule, Yenza okuhle emehlweni ako. **41** Ngakoke uSaule wa ti ku Jehova, uNkulunkulu ka Israeli, Veza iqiniso nga le nkato. Kwa dhliwa uJonatan noSaule; abantu ba sinda. **42** USaule wa ti, Yenzani inkato pakati kwami noJonatan indodana yami. Wa dhliwa uJonatan.

43 USaule wa s'e ti ku Jonatan, Ngi tshele okwenzileyo. Wa m tshelake uJonatan, wa ti, Nempela, ngi te mpuya ingcozana yoju ngesihloko senduku e be i sesandhleni sami; bheka, se ngi za kufa. **44** USaule wa ti, UNkulunkulu a k'enze njalo elekele futi; ngokuba u za kufa nokufa, Jonatan. **45** Abantu ba ti ku Saule, U za kufa uJonatan o wenze lolu sindiso olukulu kwa Israeli na? Amanga: e kona uJehova, a ku yi kuwa pansi nolu lodwa unwele lwekanda lake; ngokuba u sebenzile noNkulunkulu namhla. Abantu ba m hlangulisake uJonatan, ka z'a fa. **46** Wa s'enyuka uSaule wa buya ekulandeleni amaFilisti; amaFilisti a ya endaweni yawo.

47 USaule e se tatileke umbuso kwa Israeli, wa lwa nezita zonke zake inxa zonke, uMoabe, naba kwa Amon, noEdom, namakosi a seZoba, namaFilisti: ezindaweni zonke a bheka kuzo wa z'ahlula. **48** W'enza ngobuqawe, wa shaya amaAmaleki, w'opula uIsraeli esandhleni sabapangi.

49 Amadodana ka Saule a e nguJonatan, noIshvi, noMalkishuwa; amagama amadodakazi ake amabili yilawa: igama lezibulo nguMerabi, igama lencane nguMikali: **50** igama lomka Saule la li nguAhinowam, indodakazi ka Ahimazi. Igama lenduna yempi yake la li nguAbneri ka Neri, uyisekazi ka Saule. **51** UKishe wa e uyise ka Saule; uNeri uyise ka Abneri wa e indodana ka Abiyeli.

52 Kwa ku kona ukulwa okunzi-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ma namaFilisti izinsuku zonke zi ka Saule: wa e ti uSaule a nga bona umuntu o isiqwaga n'o iqawe a m tate a be naye.

15 USamuweli wa ti ku Saule, UJehova wa ngi tuma ukuba ngi ku gcobe u be inkosi ku bantu bake, ku Israeli: lalelake amazwi ka Jehova. **2** U ti uJehova wamabandhla, Ngi paulile loko akwenzayo uAmaleki ku Israeli, ukuti wa m vimbela endhleleni ekwenyukeni kwake Egipite. **3** Kalokuke hamba u cite uAmaleki, u shaye u bhuqe konke a nako, u nga m haukeli; u bulale abesilisa nabesifazana, izingane nabancelayo, izinkomo nezimvu, amakamelo nezimbongolo.

4 USaule wa s'e biza abantu, wa ba bala eTelayim, izinkulungwane ezi amakulu amabili zaba hamba pansi, nezinkulungwane ezi ishumi zabantu ba kwa Juda. **5** Wa fikake uSaule emzini ka Amaleki, wa qamela esihlanjeni. **6** USaule wa ti ku maKeni, Hambani, ni muke, n'ehle pakati kwamaAmaleki, funa ngi ni qede kanye nawo; ngokuba na b'enzela isihau aba kwa Israeli bonke ekwenyukeni kwabo Egipite. Emukake amaKeni pakati kwamaAmaleki. **7** USaule wa cita amaAmaleki, ku suka eHavila nxa ku yiwa eShuri, eli bhekene nEgipite. **8** Wa bamba uAgagi inkosi yamaAmaleki e zwa, bonke abantu wa ba shaya wa ba bhuqa ngobukali benkemba. **9** Kepa uSaule nabantu ba yeka uAgagi, nezinhle zezimvu, nezezinkomo, nezikulupeleyo, nezimvana, nako konke okuhle, ba be nga vumi ukukushaya ba ku bhuqe: kepa izinto zonke ezidelelekayo nezi ingcucu, ba zi shaya ba zi bhuqa.

10 Izwi li ka Jehova la se li fika ku Samuweli, li ti, **11** Se ngi zisola ngokuba ngi bekile uSaule a be inkosi; ngokuba u buyile ekungilandeleni, ka fezanga izwi lami. Wa tukutela uSamuweli; wa kala ku Jehova ubusuku bonke. **12** USamuweli wa vuka ekuseni ukuba a hlangabeze uSaule kusasa; kwa bikwa ku Samuweli kwa tiwa uSaule u fike eKarmeli, bheka, u zimisele insika, wa zungeza, wa dhlula, w'ehlela eGiligali. **13** USamuweli wa fika ku Saule; uSaule wa ti kuye, Ma u busiswe uJehova: ngi li fezile izwi li ka Jehova. **14** Wa ti uSamuweli, Ku sho ukutini loku kukala kwezimvu ezindhlebeni zami, nokukala kwezinkomo engikuzwayo? **15** USaule wa ti, Ba buye nazo kuwo amaAmaleki: ngokuba abantu ba yeke ezinhle zezimvu nezezinkomo, ukuba ba hlabele uJehova uNkulunkulu wako; ezinye si zi shaye sa zi bhuqa. **16** USamuweli wa s'e ti ku Saule, Kahleke, ngi ku tshele loko akukulumileyo kimi uJehova nga lobu busuku. Wa ti kuye, Kulumake.

17 USamuweli wa ti, Noma wa u mncane ngokuzibona kwako, a wenziwanga yini u be inhloko yezizwe za kwa Israeli? uJehova wa ku gcoba u be inkosi kwa Israeli; **18** uJehova wa ku tuma indhlela, wa ti, Hamba, u ye u shaye u bhuqe izoni amaAmaleki, u lwe nawo a ze a pele. **19** Poke, a u lalelanga ngani izwi li ka Jehova? wesuka wa teleka empangweni, w'enza okubi emehlweni ka Jehova. **20** USaule wa ti ku Samuweli, Yebo, ngi li lalele izwi li ka Jehova, ngi hambile ngendhlela a ngi tuma yona uJehova, ngi m letile uAgagi inkosi yamaAmaleki, ngi shaye nga bhuqa amaAmaleki. **21** Kepa abantu ba tabata empangweni izimvu nezinkomo, okuhle kwokwahlukaniselwa ngokulokotelwa, ukuba ba hlabele uJehova uNkulunkulu wako eGiligali. **22** USamuweli wa ti, UJehova wenamele iminikelo eshiswayo nemihlatshelo njengokuba enamele ukulalelwa kwezwi li ka Jehova na? Bheka, ukulalela kuhle kunomhlatshelo, ukubeka indhlebe kuhle kunamanoni ezinqama. **23** Ngokuba ukuhlubuka ku fana nesono sokubhula, nenkani i fana nokukonza izitombe namaterafi. Ngokuba u lahlile izwi li ka Jehova, naye u ku lahlile u nga bi inkosi.

24 USaule wa ti ku Samuweli, Ng'onile; ngokuba ng'eqile umyalo

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ka Jehova, namazwi ako, ngokuba ng'esabe abantu, nga lalela izwi labo. **25** Kalokuke a ke u tetelele isono sami, u buye nami, ukuba ngi kuleke ku Jehova. **26** USamuweli wa ti ku Saule, A ngi yi kubuya nawe; ngokuba u lahlile izwi li ka Jehova, naye uJehova u ku lahlile u nga bi inkosi kwa Israeli. **27** Wa ti ukuguquka uSamuweli ukuba a hambe, wa bamba umpeto wengubo yake, ya se i hxebuka. **28** USamuweli wa ti kuye, UJehova u hxebulile umbuso wa kwa Israeli kuwe namhla, u wu nike umakelwane wako olungileyo kunawe. **29** Futi Unqobo ka Israeli a ka yi kuqamba amanga a zisole; ngokuba a ka siye umuntu ukuba a zisole. **30** Wa s'e ti, Ng'onile: noko a ke u ngi tuse manje pambi kwamalunga abantu bami, na pambi ku ka Israeli, u buye nami, ukuba ngi kuleke ku Jehova uNkulunkulu wako. **31** USamuweli wa buyake wa landela uSaule; uSaule wa kuleka ku Jehova.

32 USamuweli wa s'e ti, Letani kimi uAgagi inkosi yamaAmaleki. UAgagi wa fika kuye e sasile. UAgagi wa ti, Impela umunyu wokufa u dhlulile. **33** USamuweli wa ti, Njengaloku inkemba yako i ba swezisele abesifazana abantwana, ku njalo unyoko u ya kuba osweziselweyo kwabesifazana. USamuweli wa genca uAgagi pambi ku ka Jehova eGiligali.

16 UJehova wa ti ku Samuweli, U ya kumlilela uSaule ku ze ku be nini, loku ngi m lahlile a nga bi inkosi kwa Israeli? gcwalisa upondo lwako ngamafuta, u hambe: ngi za kukutuma ku Jese wa se Betelehem; ngokuba ngi zibonele inkosi emadodaneni ake. **2** USamuweli wa ti, Ngi hambe kanjani? uma uSaule e ku zwa, u ya kungibulala. UJehova wa ti, Tabata itokazi u hambe nalo, u ti, Ngi ze ukuhlabela uJehova. **3** U m memele uJese ekuhlabeleni, ngi ya kukwazisa o ya kukwenza: wo ngi gcobela lowo engi ya kumusho kuwe. **4** USamuweli w'enza loko akushoyo uJehova, wa fika eBetelehem. Amalunga omuzi a m hlangabeza e tutumela, a ti, U ze ngokutula na? **5** Wa ti, Ngi ze ngokutula; ngi ze ukuhlabela uJehova: zingcweliseni, ni ze nami ekuhlabeleni. Wa ngcwelisa uJese namadodana ake, wa ba memela ekuhlabeleni.

6 Kwa ti ke se be fikile, wa buka uEliyabe, wa ti, Impela ogcotshiweyo ka Jehova u pambi kwake. **7** Kepa uJehova wa ti ku Samuweli, Mus' ukubuka isimo sake, nobude bokupakama kwake; ngokuba ngi m alile: ngoba uJehova a ka bukisi okwomuntu; umuntu u buka ubuso, uJehova u buka inhliziyo. **8** UJese wa s'e biza uAbinadabe, wa m dhlulisa pambi ku ka Samuweli. Wa ti, Na lo uJehova ka m ketile. **9** UJese wa s'e dhlulisa uShama. Wa ti, Na lo uJehova ka m ketile. **10** UJese wa dhlulisa amadodana ake a isikombisa pambi ku ka Samuweli. USamuweli wa ti ku Jese, UJehova ka wa ketile lawa. **11** USamuweli wa ti ku Jese, Se be pelele abantwana bako na? Wa ti, Ku sa sele omncinyane, nango, aluse izimvu. USamuweli wa ti ku Jese, Tuma u m lande; ngokuba a si yi kuhlala e nga ka fiki lapa. **12** Wa tumela wa m ngenisa. Wa e intotombela, e muhle ngobuso, e bukeka kahle. UJehova wa ti, Suka, u m gcobe; ngoba uyena lo. **13** USamuweli wa s'e tata upondo lwamafuta, wa m gcoba pakati kwabafo wabo: uMoya ka Jehova wa m ehlela uDavida ngamandhla ku suka ku lolo suku ku ya pambili. W'esukake uSamuweli, wa ya eRama.

14 Kepake uMoya ka Jehova w'emuka ku Saule, umoya omubi o vela ku Jehova wa m twetwezelisa. **15** Izinceku zi ka Saule za ti kuye, Bheka, umoya omubi o vela ku Nkulunkulu u ya ku twetwezelisa. **16** Ma i sho inkosi yetu ukuba izinceku zako ezi pambi kwako zi fune umuntu owaziyo ukubeta inkoka: ku za kuti, nxa u fikelwa umoya omubi o vela ku Nkulunkulu, a bete ngesandhla sake, u pile. **17** USaule wa ti ezincekwini zake, Ngi boneleni umuntu o ingcweti

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UDavida u betela uSaule ugubu.

yokubeta, ni m lete kimi. 18 Kwa se ku pendula enye yezinsizwa, ya ti, Bheka, ngi bonile indodana ka Jese wa seBetelehem, e y'azi ukubeta, isiqwaga esi iqawe, i indoda yokulwa, i nesu lokukuluma, umuntu o umbakabaka; uJehova u naye. 19 USaule wa tuma izigijimi ku Jese, wa ti, Tumela kimi uDavida indodana yako, e sezimvwini. 20 UJese wa tata imbongolo i twele isinkwa, nemvaba yewayini, necwane lembuzi, wa ku yisa ku Saule ngesandhla si ka Davida indodana yake. 21 Wa fikake uDavida ku Saule, w'ema pambi kwake: wa m tanda kakulu; wa ba udibi lwezikali zake. 22 USaule wa tuma ku Jese, wa ti, UDavida a k'eme pambi kwami; ngokuba u nesasasa kimi. 23 Kwa ku ti, nxa uSaule e fikelwa umoya omubi o vela ku Nkulunkulu, uDavida a tate inkoka, a bete ngesandhla: uSaule a be se qabuka, a pile, umoya omubi u muke kuye.

17 AmaFilisti a buta izimpi zawo ukuba a lwe; a butana eSoko eli kwa Juda, a ngenisa pakati kweSoko neAzeka, eEfesedamim. 2 USaule namadoda a kwa Israeli ba butana, ba ngenisa esigodini sa seEla, ba hlela impi ukuhlangabezana namaFilisti. 3 AmaFilisti ema entabeni ngalapa, uIsraeli w'ema entabeni ngalapaya: kwa ku kona umhosha pakati kwabo. 4 Kwa pumake iqawekulu ekamu lamaFilisti, igama lalo li nguGoliya, wa seGati, obude bake ba bu izingalo ezi isitupa nesandhla. 5 Wa e nesigqoko setusi ekanda, e gqoke ibantshi lensimbi; ukusinda kwebantshi kwa ku ngamashekeli etusi a izinkulungwane ezi isihlanu. 6 Wa e nezingqweqwe zetusi emilenzeni, nengcula yetusi pakati kwamahlombe. 7 Uti lomkonto wake lwa lu ngangomqadi wabaluki; insimbi yomkonto wake ya i ngamashekeli amakulu a isitupa ensimbi: o pete isihlangu wa hamba pambi kwake. 8 W'ema wa memeza ezinhleni za kwa Israeli, wa ti kuzo, Ni pumeleni ukuzohlela impi? angiti ngi umFilisti, nina ni abantu ba ka Saule na? ziketeleni umuntu, ehle eze kimi. 9 Uma e namandhla okulwa nami, a ngi bulale, si ya kuba izigqili zenu; kepa uma ngi m ahlula, ngi m bulale, ni ya kuba izigqili zetu, ni si konze. 10 UmFilisti wa ti, Ngi dhlelesela izinhla za kwa Israeli namhla; ngi nikeni umuntu si lwe naye. 11 Kwa ti uSaule noIsraeli wonke ukuba b'ezwe lawo mazwi omFilisti, ba ba nokupapateka, b'esaba kakulu.

UGoliya u dhlelesela abaIsraeli.

12 UDavida wa e indodana ya lowo mEfrata wa seBetelehem-juda, o gama lake nguJese; wa e namadodana a isishiyangalombili: lowo muntu wa e se ixegu ezinsukwini zi ka Saule, wa e neminyaka emininingi pakati kwabantu. 13 Amadodana amatatu ka Jese amadala a e landele uSaule empini: amagama amadodana ake amatatu a e ye empini uEliyabe owamazibulo, emelamayo uAbinadabe, neyesitatu uShama. 14 UDavida wa e ngeyamagcino; amadala amatatu a e landela uSaule. 15 UDavida wa e zinge e buya ku Saule e ya kwalusa izimvu zi ka yise eBetelehem. 16 UmFilisti wa sondela nga kusasa na nga kusihlwa, wa fika wema, kwa ba izinsuku ezi ngamashumi amane.

17 UJese wa ti ku Davida indodana yake, A k'u ba tatele abafo wenu iefa la lenhlosa, na lezi zinkwa ezi ishumi, u gijimele ekamu ku bafo wenu; 18 na lezi zinkwa zamasi ezi ishumi wo zi patela induna yenkulungwane, u hambele abafo wenu u ba buze impilo, u tate isibambiso sabo. 19 Kepake uSaule, nabo, nabantu bonke ba kwa Israeli, ba be sesigodini sa seEla, be lwa namaFilisti. 20 UDavida wa vuka ekuseni nga kusasa, wa shiya izimvu ku mpati, wa tabata, wa hamba, njengaloko a m yale ngako uJese; wa fika esikanisweni sezinqola, impi i sa puma ukuya kuhlelwa be hlokomela ukulwa. 21 UIsraeli namaFilisti ba hlela impi, impi i bhekene nempi. 22 UDavida wa shiya impahla yake esandhleni somlindi wempahla, wa

Digitized by Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UDavida u hambela empini; u zwa amazwi ka Goliya, u lwa naye.

gijimela empini, wa fika wa bingelela abafo wabo. **23** Wa ti nje e sa kuluma nabo, nanto, l'enyuka iqawekulu, igama lalo li nguGoliya umFilisti wa seGati, li puma ezinhleni zamaFilisti, wa kuluma njenga lawo mazwi: w'ezwa uDavida. **24** Abantu bonke ba kwa Israeli ba ti ukubona lo muntu, ba m balekela, b'esaba kakulu. **25** Abantu ba kwa Israeli ba ti, Ni m bonile lo muntu owenyukileyo na? ngoba pela wenyukele ukuba a dhlelesele uIsraeli: ko ti, lowo muntu ombulalayo, inkosi i m cebise ngengcebo enkulu, i m nike indodakazi yayo, i y'enze indhlu ka yise i be e kululekile kwa Israeli. **26** UDavida wa kuluma ku madoda a e mi nga kuye, wa ti, Ku ya kwenziwa ntoni ku muntu o za kubulala lomFilisti, a suse isihlamba kwa Israeli? ngokuba u ngubani lomFilisti o nga sokile, ukuba a dhlelesele izinhla zi ka Nkulunkulu opilayo? **27** Abantu ba m pendula kanje, ba ti, Ku ya kwenziwa kanjalo ku muntu ombulalayo.

28 UEliyabe umfo wabo omkulu w'ezwa lapo e kuluma emadodeni; ulaka lu ka Eliyabe lwa m vutela uDavida, wa ti, Wehleleni na? u zi shiye nobani leziya zimvu ezi ingcozana ehlane na? Ngi ya kwazi ukuziqenya kwako, nokucwensa kwenhliziyo yako; ngoba wehlele ukubona impi. **29** UDavida wa ti, Se ng'enzeni? kambe a kuko sici na? **30** Wa m fulatela wa bheka nga komunye, wa kuluma lona lelo zwi: abantu ba buya ba m pendula njengezwi labo lokuqala.

31 Kwa t'uba ezwakale amazwi a kulunywe uDavida, a landwa pambi ku ka Saule, wa s'e m biza. **32** Wa ti uDavida ku Saule, Ma ku ng'ahluleki nhliziyo ya muntu ngaye; inceku yako i za kuya i lwe na lomFilisti. **33** USaule wa ti ku Davida, A u namandhla okuya ku lomFilisti u lwe naye; ngoba u ngumfana nje wena, yena u indoda yokulwa kwa sebusheni bake. **34** Wa ti uDavida ku Saule, Inceku yako ya be y'alusa izimvu zi ka yise; kwa ku ti uma ku fika ingonyama, noma ibere, ku bambe icwane emhlambini, **35** ngi pume, ngi yi landele ngi yi shaye, ngi l'opule emlonyeni wayo; nxa i si ngi vukela, ngi yi bambe ngesilevu, ngi yi shaye, ngi yi bulale. **36** Inceku yako ya bulala kokubili ingonyama nebere: lomFilisti o nga sokile u za kuba njengenye yazo, loku u dhlelesele impi ka Nkulunkulu opilayo. **37** Wa ti uDavida, UJehova owa ng'opula emazipweni engonyama, na semazipweni ebere, u ya kungopula esandhleni sa lomFilisti. Wa ti uSaule ku Davida, Hambake, uJehova a be nawe. **38** USaule w'ambatisa uDavida izingubo zake, wa m faka isigqoko setusi ekanda, wa m ambatisa ibantshi lensimbi. **39** UDavida wa binca inkemba yake pezu kwezingubo zake, wa zama ukuhamba; ngokuba wa e nga ka zi vivinyi. UDavida wa ti ku Saule, A ngi na kuhamba na lezi; ngokuba a ngi ka zi vivinyi. Wa zi kumulake uDavida. **40** Wa s'e tabata induku yake ngesandhla, wa ziketela amatshe a isihlanu a bushelezi emfulaneni, wa wa faka esikwameni sabalusi a e naso, eyikeni lake; ilengiso lake la li sesandhleni sake: wa sondela ku mFilisti.

41 W'ezake umFilisti wa sondela ku Davida; umuntu o pata isihlangu wa hamba pambi kwake. **42** Wa ti umFilisti ukuqalaza, wa bona uDavida, wa m delela; ngokuba wa e umfana nje, e intotombela, e bukeka ngobuso. **43** Wa ti ke umFilisti ku Davida, Ngi inja yini ukuba u ze kimi u nezinduku? UmFilisti wa tuka uDavida nga onkulunkulu bake. **44** Wa ti umFilisti ku Davida, Mina lapa; ngi zo nika izinyoni zezulu nezilwane za sendhle inyama yako. **45** Wa s'e ti uDavida ku mFilisti, Wena u za kimi u nenkemba, nomkonto, nengcula: kepa mina ngi za kuwe egameni li ka Jehova wamabandhla, uNkulunkulu wezinhla za kwa Israeli, omdhleleseleyo. **46** Namhlanje uJehova u ya kukukapela esandhleni sami; ngi ku bulale, ngi suse ikanda

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

lako kuwe; ngo nika namhla izinyoni zezulu nezilo zomhlaba izidumbu zempi yamaFilisti; ukuze umhlaba wonke wazi ukuti ku kona uNkulunkulu kwa Israeli, **47** wazi lo mbutano wonke ukuti uJehova ka sindisi ngenkemba na ngomkonto: ngokuba ukulwa ku ngoku ka Jehova, u ya kunikapela esandhleni setu. **48** Kwa t'uba a suke umFilisti, e ze a sondele ukuhlangabezana noDavida, wa shesha uDavida, wa gijima wa ya nga sempini ukuhlangabezana nomFilisti. **49** UDavida wa faka isandhla sake esikwameni sake, wa tata itshe kona, wa li ponsa, wa m shaya umFilisti ebunzini; itshe la shona ebunzini, wa wa ngobuso pansi.

50 UDavida wa m ahlulake umFilisti ngelengiso na ngetshe, wa shaya umFilisti, wa m bulala; kodwa kwa ku ngeko nkemba esandhleni si ka Davida. **51** Wa s'e gijima uDavida, w'ema pezu kwomFilisti, wa tata inkemba yake, wa yi hosha emgodhleni wayo, wa m bulala, wa m nquma ikanda ngayo. A ti amaFilisti ukubona ukuti isiqwaga sawo si file, a baleka. **52** B'esukake abantu ba kwa Israeli naba kwa Juda, ba hlokoma, ba wa xosha amaFilisti, ku ze ku fikwe eGayi, na semasangweni a seEkron. Kwa wa izinkubele zamaFilisti endhleleni ya seSharayim, kwa za kwa ba seGati, na seEkron. **53** Aba kwa Israeli ba buya ekujokeni amaFilisti, ba panga ikamu lawo. **54** UDavida wa tata ikanda lomFilisti, wa li yisa eJerusalem; izikali zake wa zi beka etenteni lake.

55 Nxa uSaule e bona uDavida e puma ukuhlangabezana nomFilisti, wa ti ku Abneri, induna yempi, Indodana ka bani lo mfana, Abneri? uAbneri wa ti, U kona nje umpefumulo wako, nkosi, a ng'azi. **56** Inkosi ya ti, Buza wena ukuba indodana ka bani leli bungu. **57** Kwa ti ekubuyeni ku ka Davida ekubulaleni umFilisti, uAbneri wa m tata, wa m yisa pambi ku ka Saule, e pete ikanda lomFilisti ngesandhla. **58** USaule wa ti kuye, U indodana ka bani mfanandini? Wa ti uDavida, Ngi indodana yenceku yako uJese wa seBetelehem.

18 Kwa ti e se qedile ukukuluma noSaule, umpefumulo ka Jonatan wa bopana nompefumulo ka Davida, uJonatan wa m tanda njengompefumulo wake. **2** USaule wa m tata nga lolo suku, a ka be e sa m vumela ukuba a buyele endhlini ka yise. **3** UJonatan noDavida b'enza isivumelwano, ngokuba wa m tanda njengompefumulo wake. **4** UJonatan wa zihlubula ingubo eya i kuye, wa yi nika uDavida, nezokulwa zake, kwa ze kwa ba nenkemba yake, nomnsalo wake, nesibamba sake. **5** UDavida wa puma wa ya lapo uSaule e m tuma kona, w'enza ngokuhlakanipa: uSaule wa m beka pezu kwamadoda okulwa, kwa ba kuhle emehlweni abantu bonke, na semehlweni ezinceku zi ka Saule.

6 Kwa ti ekufikeni kwabo, uDavida e buya ekubulaleni umFilisti, kwa puma abesifazana emizini yonke ya kwa Israeli, be hlabelela be sina, ukuba ba hlangabeze uSaule inkosi, ngezigubu, na ngokutokoza, na ngezinto zokuvuma. **7** Abesifazana ba vumelana, be dhlala, ba ti,

USaule u bulele izinkulungwane zake,
UDavida u bulele izinkulungwane zake ezi ishumi.

8 USaule wa tukutela kakulu, lelo zwi la libi emehlweni ake; wa ti, Ba nike uDavida izinkulungwane ezi ishumi, mina ba ngi nike izinkulungwane nje: u se silalelwe yini, umbuso kupela? **9** USaule wa m zulumba uDavida ku suka ku lolo suku ku ya pambili.

10 Kwa ti nga ngomso umoya omubi o vela ku Nkulunkulu wa m fikela ngamandhla uSaule, wa mpompa pakati kwendhlu: uDavida wa e beta ngesandhla, njengokwenza kwake imihla ngemihla. Umkonto wa u sesandhleni si ka Saule; **11** uSaule wa ciba umkonto; ngoba wa ti, Ngi ya kumbujela uDavida odongeni. Kepa uDavida wa ti ceze wa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U tenjiswa uMerabi; u ganwa uMikali; u kulunyelwa uJonatan.

puma pambi kwake kabili. 12 USaule w'esaba uDavida, ngoba uJehova wa e naye, kepa wa e sukile ku Saule. 13 Ngakoke uSaule wa m susa kuye, wa m misa a be induna yenkulungwane; wa be puma e ngena pambi kwabantu. 14 UDavida w'enza ngokuhlakanipa ezindhleleni zonke zake; uJehova wa e naye. 15 Wa ti uSaule ukubona ukuti w'enza ngokuhlakanipa kakulu, wa ba novalo ngaye. 16 Kepa uIsraeli wonke noJuda ba m tanda uDavida; ngokuba wa be puma e ngena pambi kwabo.

17 USaule wa ti ku Davida, Nansi indodakazi yami enkulu uMerabi, ngi ya kukunika yona i be umkako: kepa yiba iqawe lami, u lwe izimpi zi ka Jehova. Ngoba uSaule wa ti, Isandhla sami ma si nga bi pezu kwake, isandhla samaFilisti a si be pezu kwake. 18 UDavida wa ti ku Saule, Mina ngi ngubani na? ba yini aba kiti, umndeni ka baba u yini kwa Israeli, ukuba ngi ze ngi be umkwenyana wenkosi? 19 Kwa ti ngesikati uDavida a be ya kunikwa ngaso uMerabi indodakazi ka Saule, wa nikwa uAdriyeli wa seMehola, a be umkake. 20 UMikali, indodakazi ka Saule, wa m tanda uDavida: kwa bikwa ku Saule, kwa m hlaba umxwele loko. 21 Wa ti uSaule, Ngi ya kumnika yena, ukuba a be isihibe kuye, ukuba isandhla samaFilisti si be pezu kwake. USaule wa ti ku Davida, U za kuba umkwenyana wami namhla ngokwesibili.

22 USaule wa yala izinceku zake, wa ti, Kulumani noDavida ngasese, ni ti, Bheka, inkosi i kwenamele, nezinceku zonke zayo zi ya ku tanda: ngakoke yiba umkwenyana wenkosi. 23 Izinceku zi ka Saule za kulumake lawo mazwi ezindhlebeni zi ka Davida. Wa ti uDavida, Ku into e lula yini emehlweni enu ukuba umkwenyana wenkosi, loku ngi umuntu ompofu, ngi shaywa imbuqa? 24 Izinceku zi ka Saule za m tshela, za ti, U kulume kanje uDavida. 25 Wa ti uSaule, A no ti ku Davida, Inkosi ka yi funi ilobolo, i funa amajwabu amaFilisti a ikulu kupela, ukuba ku pindiswe eziteni zenkosi. USaule wa e ti u ya kumwisa uDavida ngesandhla samaFilisti. 26 Kwa t'ubake izinceku zake zi m tshele uDavida lawa mazwi, kwa m hlaba umxwele uDavida ukuba a be umkwenyana wenkosi. Izinsuku za zi nga ka peleli; 27 w'esukake uDavida wa ya, yena nabantu bake, wa bulala amaFilisti a ngamakulu amabili; uDavida wa leta amajwabu awo, ba wa yisa enkosini e pelele, ukuba a be umkwenyana wenkosi. USaule wa m nikake uMikali indodakazi yake, a be umkake. 28 USaule wa bona w'azi ukuti uJehova u noDavida, uMikali, indodakazi ka Saule, wa m tanda. 29 USaule wa s'e m esaba uDavida nga kumbe; uSaule wa e isita si ka Davida isikati sonke.

30 Kwa se ku puma izikulu zamaFilisti: za zi be zi sa pume uDavida enze ngokuhlakanipa kunazo zonke izinceku zi ka Saule; la za la duma kakulu igama lake.

19 USaule wa kuluma ku Jonatan indodana yake, na kuzo zonke izinceku zake, ukuba zi bulale uDavida. Kepa uJonatan, indodana ka Saule, wa m tanda uDavida kakulu. 2 UJonatan wa m tshela uDavida, wa ti, USaule ubaba u funa ukukubulala: ngakoke a k'u xwaye kusasa, u hlale esita u cashe: 3 ngi ya kupuma, ngi me nga ku baba endhle, lapo u kona wena, ngi kulume nobaba ngawe; uma ngi bona uto ngi ku tshele. 4 UJonatan wa kuluma okuhle ngoDavida ku Saule uyise, wa ti kuye, Inkosi a i ng'oni encekwini yayo uDavida, ngokuba a k'onanga kuwe, na ngokuba imisebenzi yake kuwe i lungile kakulu: 5 wa zilahla nje, wa bulala umFilisti, uJehova w'enzela uIsraeli wonke ukunqoba okukulu: wena wa ku bona, wa tokoza; poke, u ya kwonelani egazini eli msulwa, u bulale uDavida ngeze? 6 USaule wa lalela izwi li ka Jonatan: uSaule wa funga, wa ti, E kona uJehova, ka yi kubulawa. 7 UJonatan wa biza uDavida, uJona-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

tan wa m tshela konke loko. UJonatan wa m yisa uDavida ku Saule, wa ba kona pambi kwake njenga semihleni.

8 Kwa pinda kwa ba kona impi: uDavida wa puma, wa lwa namaFilisti, wa wa ceka ngokuceka okukulu; a baleka pambi kwake. 9 Umoya omubi o vela ku Jehova wa m fikela uSaule, e hlezi endhlini yake, umkonto wake u sesandhleni sake; uDavida wa e beta ngesandhla. 10 USaule wa funa ukubujela uDavida odongeni ngomkonto; kepa wa ti nyelele wa puma pambi ku ka Saule, wa gwaza ngomkonto odongeni: uDavida wa baleka, wa sinda nga lobo busuku. 11 USaule wa tuma izigijimi endhlini ka Davida ukuba zi m hlomele, zi m bulale kusasa: uMikali, umka Davida, wa m tshela wa ti, Uma u nga zisindisi nga lobu busuku, u ya kubulawa ngomso. 12 UMikali wa m ehlisa uDavida ngesibuko: wa hamba, wa baleka, wa sinda. 13 UMikali wa tata iterafi, wa li beka okukweni, wa beka isicamelo soboya bezimbuzi ekanda lalo, wa l'embesa ngezingubo. 14 Lapo uSaule e se tuma izigijimi ukumbamba uDavida, wa ti, U ya gula. 15 USaule wa tuma izigijimi ukubona uDavida, e ti, M enyuseleni kimi ngokuko, ukuba ngi m bulale. 16 Za ti ukungena izigijimi, nanto iterafi li sokukwini, nesicamelo soboya bezimbuzi si sekanda lalo. 17 Wa ti uSaule ku Mikali, U ngi kohliseleni kanje, u dedele isita sami, sa sinda? UMikali wa ti ku Saule, U te kimi, Ngi dedele; yini ukuba ngi ze ngi ku bulale?

18 Wa balekake uDavida wa sinda, wa fika ku Samuweli eRama, wa m tshela konke uSaule a kwenze kuye. Yena noSamuweli ba ya ba hlala eNayoti. 19 Kwa bikwa ku Saule, kwa tiwa, Nango uDavida eNayoti eRama. 20 USaule wa tuma izigijimi ukumbamba uDavida: za ti ukubona ibandhla labaprofeti be profeta, noSamuweli e mi e inhloko pezu kwabo, uMoya ka Nkulunkulu w'ehlela pezu kwezigijimi zi ka Saule, nazo za profeta. 21 Kwa t'uba ku bikwe ku Saule, wa tuma ezinye izigijimi, nazo za profeta. USaule wa pinda wa tuma izigijimi ngokwesitatu, nazo za profeta. 22 Wa s'e ya naye eRama, wa fika emtonjeni omkulu o seSeku: wa buza wa ti, Bapi oSamuweli noDavida? Kwa tiwa, Nampo, eNayoti eRama. 23 Wa ya kona eNayoti eRama: uMoya ka Nkulunkulu wa m ehlela naye, wa hamba, e hamba e profeta, wa za wa fika eNayoti eRama. 24 Naye wa hlubula izingubo zake, wa profeta pambi ku ka Samuweli, wa wa pansi e nqunu leyo mini yonke na lobo busuku bonke. Ku ngakoke ku tiwa, Kanti, uSaule naye u pakati kwabaprofeti na?

20 UDavida wa baleka eNayoti eRama, w'eza wa ti pambi ku ka Jonatan, Ng'enzeni na? li yini icala lami? si yini isono sami pambi ku ka yihlo, ukuba a fune ikanda lami? 2 Wa ti kuye, Amanga; a u yi kufa: bheka, ubaba k'enzi luto olukulu noluncane e nga lu vezile kimi; po, ubaba a nga ku fihlelani loku kimi? a ku njalo. 3 UDavida wa funga futi, wa ti, Uyihlo u y'azi impela ukuti ngi nesasasa kuwe; u ti, UJonatan ma ka ng'azi loku, funa a be buhlungu: kodwa, e kona uJehova, u kona nompefumulo wako, sinye nje isinyatelo pakati kwami nokufa. 4 UJonatan wa s'e ti ku Davida, Loku okushoyo umpefumulo wako ngi ya kukwenzela kona. 5 UDavida wa ti ku Jonatan, Bheka, i ya kwetwasa inyanga ngomuso, nga ku be a ngi puti ukuhlala nenkosi ekudhleni: kepa ngi dedele, ngi yo casha endhle ku ze ku hlwe ngosuku lwesitatu. 6 Nxa uyihlo e ngi fumanisa ngi ngeko, wo ti, UDavida u cele nokucela kimi ukuba a gijimele eBetelehem, umuzi wa kubo; ngokuba ku kona lapo umhlatshelo weminyaka ngeminyaka owenzelwa umndeni wonke wa kubo. 7 Uma e ti, Ku lungile; inceku yako i ya kuhlala ngokutula: kodwa uma e tukutela, yazike ukuti u hlose okubi. 8 Nga-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

koke yenzela inceku yako isihau, ngokuba u ngenisele inceku yako esivumelwaneni si ka Jehova nawe: kepa uma ku kona ububi kimi, ngi bulale wena; ngokuba u bu nga ngi yiselani ku yihlo na? **9** UJonatan wa ti, A ku be kude nawe; ngokuba uma be ngazi na kanci ukuti ku hloswe ngubaba okubi oku ya kuza pezu kwako, be ngi nga yi kukutshela na? **10** UDavida wa s'e ti ku Jonatan, Ubani o ya kungitshela uma kambe uyihlo e ku pendula kalukuni? **11** UJonatan wa ti ku Davida, Woza, ma si pume si ye endhle. Ba puma bobabili ba ya endhle.

12 UJonatan wa ti ku Davida, Jehova, uNkulunkulu ka Israeli: ko ti nxa se ngi m pendhlile ubaba nga lesi sikati ngomuso, mhlaumbe ngomhlomunye, bheka, uma ku kuhle ku Davida, a ngi yi kutumela kuwe ngi ku vezele na? **13** UJehova a k'enze njalo ku Jonatan enezele futi, uma ku kuhle ku baba ukuba a kwenzele okubi, ngi nga ku vezeli, ngi ku dedele ukuba u hambe kahle: uJehova ka be nawe, njengaloko wa e nobaba. **14** Wo ti u ngenzele isihau si ka Jehova, ku nga bi kupela nxa ngi se kona ukuze ngi nga fi; **15** kodwa u nga nqumi isihau sako endhlini yami ku ze ku be nini; ayi, na lapo uJehova e se nqumile izita zonke zi ka Davida ebusweni bomhlaba. **16** UJonatan w'enza isivumelwano nendhlu ka Davida, e ti, UJehova u ya kusibiza esandhleni sezita zi ka Davida.

17 UJonatan wa pinda wa fungisa uDavida ngokumtanda kwake; ngokuba wa m tanda njengoba e tanda umpefumulo wake. **18** UJonatan wa s'e ti kuye, Ngomso i ya kwetwasa inyanga: u ya kufunyaniswa u ngeko, ngokuba isihlalo sako si ya kubaze. **19** U su hlalile izinsuku ezintatu, wo shesha wehle, u ye ku leyo ndawo owa casha kuyo mhla kwomsebenzi, u hlale nga setsheni iEzeli. **20** Ngi ya kucibishela ngemicibisholo emitatu nga secaleni kwalo, kungati ngi ponsa isigcibisholo. **21** Bheka, ngi ya kutuma umfana, ngi ti, Hamba, u fune imicibisholo. Uma ngi ti ku mfana, Nanso imicibisholo nganeno kwako, yi tabate u ze wena; ngokuba u ya kuhlala ngokutula, a kuko luto, e kona uJehova. **22** Kodwa uma ngi ti ebungwini, Nanso imicibisholo ngalapaya kwako, wo hamba; ngokuba uJehova u ku mukisile. **23** Nga leyo ndaba esi kulume ngayo mina nawe, bheka, uJehova u pakati kwami nawe ku ze ku be nini.

24 UDavida wa cashake endhle: se i twese inyanga, inkosi ya hlala ekudhleni ukuba i dhle. **25** Inkosi ya hlala esihlalweni sayo njenga sezikatini, esihlalweni esi nga sodongeni; w'ema uJonatan, uAbneri wa hlala nga seceleni ku ka Saule: kepa indawo ka Davida ya ize. **26** Nokoke uSaule a ka kulumanga luto nga lolo suku: ngokuba wa e ti, Wehlelwe into, ka hlambululekile; impela ka hlambululekile. **27** Kwa ti nga ngomso, olwesibili emva kwolokwetwasa kwenyanga, indawo ka Davida ya ize: uSaule wa ti ku Jonatan indodana yake, Indodana ka Jese a i fikanga ngani ekudhleni na izolo na namhla? **28** UJonatan wa pendula uSaule wa ti, UDavida u cele nokucela kimi ukuba a ye eBetelehem: **29** wa ti, Ma u ngi dedele; ngokuba umndeni wa kiti u nomhlatshelo emzini; umfo wetu u ngi yalile: uma ke ngi nesasasa kuwe, a ke ngi ti hulukuqu, ngi ye kobona abafo wetu. Ngakoke a k'ezanga etafuleni lenkosi.

30 Lwa se lu vuta ulaka lu ka Saule ngoJonatan, wa ti kuye, Wena ndodana yomfazi o yisipoxo ohlubukayo, a ng'azi yini ukuti u kete indodana ka Jese, ku be izinhloni zako nezinhloni zobunqunu bu ka nyoko? **31** Ngoba ngezinsuku zonke i sa hamba emhlabeni indodana ka Jese, a u yi kuzinza wena nombuso wako. Tumake u m lete kimi, ngokuba u ngowokufa yena. **32** UJonatan wa pendula uSaule uyise, wa ti kuye, U za kubulawelwani? wenzeni? **33** USaule wa m ciba ngomkonto ukuba a m gwaze; UJonatan w'azi ukuti

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

uyise u hlose ukumbulala uDavida. 34 UJonatan w'esuka etafuleni e vuta ulaka, ka dhlanga kudhla ngosuku lwesibili lwenyanga; ngoba wa e buhlungu ngenxa ka Davida, ngokuba uyise wa e m hlazisile.

35 Kwa ti nga kusasa, uJonatan wa puma wa ya endhle ngesikati aba si mise noDavida, umfana omncinyane e naye. 36 Wa ti ku mfana wake, Gijima, u fune imicibisholo engiyiponsayo. Kwa ti e sa gijima umfana, wa ponsa umcibisholo ngapambili kwake. 37 Umfana e se fikile endaweni lapo u kona umcibisholo uJonatan a be wu ponsile, uJonatan wa m landelisela umfana wa ti, Umcibisholo a u ngapambili kwako na? 38 UJonatan wa m landelisela umfana, wa ti, Shesha, putuma, u ng'emi. Umfana ka Jonatan wa s'e buta imicibisholo, w'eza enkosini yake. 39 Umfana wa e ng'azi luto: uJonatan noDavida kupela aba be y'azi leyo ndaba. 40 UJonatan wa nika umfana wake izikali zake, wa ti kuye, Hamba, u zi yise emzini. 41 Kwa t'uba a hambe umfana, uDavida w'esuka endaweni e nga seningizimu, wa ti mbo ngobuso pansi, wa kotama katatu: b'angana, ba kalelana, kwa za kwa ba kukulu oku ka Davida. 42 UJonatan wa ti ku Davida, Hamba kahle, loku si fungile sobabili egameni li ka Jehova, si ti, UJehova u ya kuba pakati kwami nawe, na pakati kwenzalo yami nenzalo yako, ku ze ku be nini. W'esukake wa hamba: uJonatan wa ya emzini.

21 UDavida wa s'e fika eNobe ku Ahimeleki umpristi: uAhimeleki wa m hlangabeza uDavida e tutumela, wa ti kuye, Yini ukuba u fike wedwa, u nge na muntu nawe? 2 UDavida wa ti ku Ahimeleki umpristi, Inkosi i ngi yalele indaba, ya ti kimi, Ma ku ng'azi muntu nga le ndaba engi ku tuma yona, n'engi ku yale ngayo: izinsizwa ngi zi qondise endaweni e sekutinitini. 3 Kalokuke ku konani pansi kwesandhla sako? ngi nike esandhleni sami izinkwa ezi isihlanu, noma okutolakalayo njeke. 4 Umpristi wa pendula uDavida, wa ti, A siko isinkwa esi nge ngcwele pansi kwesandhla sami, ku kona isinkwa esingcwele kodwa; uma pela izinsizwa zi zigcinile esifazaneni. 5 UDavida wa pendula umpristi wa ti kuye, Impela abesifazana ba nqunyiselwe kitina izolo na kutangi; ekupumeni kwami izikwama zezinsizwa za zi ngcwele, noma kwa ku ukuhamba nje oku nge ngcwele; kakulu kangakanani po si ya kuba ngcwele namhla ngenxa yezikwama zazo? 6 Umpristi wa s'e m nika isinkwa esingcwele; ngoba kwa ku ngeko sinkwa kupela isinkwa sokubhekwa e be si susiwe pambi ku ka Jehova, ukuba ku bekwe isinkwa esishisayo ngosuku esi tatwa ngalo.

7 Kepake kwa ku kona nga lolo suku umuntu otile wezinceku zi ka Saule, e bambekile pambi ku ka Jehova; igama lake uDowegi umEdom, ingqwele yabalusi ba ka Saule. 8 UDavida wa ti ku Ahimeleki, A kuko lapa pansi kwesandhla sako umkonto noma inkemba? ngokuba a ngi patanga inkemba yami nezikali zami, ngokuba indaba yenkosi i bi dinga iputu. 9 Wa ti umpristi, Inkemba ka Goliya umFilisti, owambulalayo esigodini sa seEla, nansi, i songiwe ngendwangu ngasemva kweefodi: uma u yi tabata, yi tabate nje; ngokuba a yiko enye lapa ngapandhle kwayo. UDavida wa ti, A yiko enye e njengayo; ngi nike yona.

10 UDavida w'esuka wa baleka nga lolo suku ngokumesaba uSaule, wa ya ku Akishe inkosi ya seGati. 11 Izinceku zi ka Akishe za ti kuye, Lo a siye uDavida inkosi yezwe na? a ba vumelananga yini ngaye be sina be ti,

USaule u bulele izinkulungwane zake,
UDavida u bulele izinkulungwane zake ezi ishumi?

12 UDavida wa beka lawa mazwi enhliziyweni yake, w'esaba kakulu uAkishe inkosi ya seGati. 13 Wa guqula isimo sake emehlweni abo, wa z'enza ogcwanekayo ezandhleni zabo,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

wa dweba ezicabheni zesango, w'ehlisela amate esilevwini sake. **14** UAkishe wa s'e ti ezincekwini zake, Bhekani, ni ya bona ukuti lo muntu u ya hlanya; ni m leteleni kimi? **15** Ngi swele izinhlanya yini, ukuba ni lete lo a gile ubuhlanya kimi? loku ku za kungena endhlini yami na?

22 Ngakoke uDavida w'emuka lapo, wa baleka wa ya emhumeni wa seAdulam: ba ti ukuzwa loko abafo wabo nendhlu yonke ka yise, b'ehlela kona kuye. **2** Kwa qoqana kuye abantu bonke abaxinekileyo, bonke aba be nezikweletu, nabo bonke aba be casukile; wa ba induna yabo: kwa ku kona naye kungati abantu aba ngamakulu amane.

3 UDavida w'esuka lapo wa ya eMizpe la kwa Moabe: wa ti enkosini ya kwa Moabe, Ma b'eze obaba nomame ba hlale kuwe, ngi ze ng'azi ukuba uNkulunkulu u za kungenzelani. **4** Wa ba leta pambi kwenkosi ya kwa Moabe: ba hlala nayo izinsuku zonke zokuhlala ku ka Davida enqabeni. **5** UGadi umprofeti wa ti ku Davida, U nga hlali enqabeni; hamba, u ye ezweni la kwa Juda. Wa hambake uDavida, wa ngena ehlatini la seHereti.

6 USaule w'ezwa ukuti uDavida u y'aziwa, nabantu aba naye: uSaule wa e hlezi eGibeha pansi kwomtamariske eRama, umkonto wake u sesandhleni sake, nezinceku zake zi mi nga kuye. **7** USaule wa ti ezincekwini zake eza zi mi nga kuye, Yizwanike, nina ba kwa Benjamin; indodana ka Jese i ya kuninika nina nonke amasimu nezivini, i n'enze nina nonke ni be izinduna zezinkulungwane nezinduna zamakulu na? **8** ukuba nonke ni ng'enzele uzungu, ku nga biko ongivezelayo lapo indodana yami yenza isivumelwano nendodana ka Jese, ku nga biko kini ongidabukelayo, nongivezelayo ukuti indodana yami i ngi vusele inceku yami, ukuba i ngi qamele, njenga namhla? **9** Wa s'e pendula uDowegi umEdom, owa emi nezinceku zi ka Saule, wa ti, Nga bona indodana ka Jese i fika eNobe ku Ahimeleki ka Ahitubi. **10** Wa m buzela ku Jehova, wa m nika umpako, wa m nika nenkemba ka Goliya umFilisti.

11 Inkosi ya se i tuma ukubiza uAhimeleki ka Ahitubi umpristi, nayo yonke indhlu ka yise, abapristi aba be seNobe: ba fika bonke enkosini. **12** USaule wa ti, Yizwake, ndodana ka Ahitubi. Wa ti, Ngi kona, nkosi yami. **13** Wa ti uSaule kuye, Ni ng'enzeleleni uzungu, wena nendodana ka Jese, ukuba u yi nike isinkwa nenkemba, u yi buzele ku Nkulunkulu, ukuba i ngi vukele, i ngi qamele, njenga namhla? **14** UAhimeleki wa s'e pendula inkosi, wa ti, Ubani kuzo zonke izinceku zako otembekayo njengoDavida, umkwenyana wenkosi, o ngena emaxoxweni ako, notuswayo endhlini yako? **15** Yikona ngi qalayo namhla yini ukumbuzela ku Nkulunkulu? a ku be kude kimi: inkosi ma i nga beki icala encekwini yayo, na kuyo yonke indhlu ka baba; ngokuba inceku yako a y'azi luto ku leyo ndaba yonke oluncane nolukulu. **16** Ya ti inkosi, U za kufa impela, Ahimeleki, wena, nayo yonke indhlu ka yihlo. **17** Inkosi ya ti ku balindi aba b'emi nga kuyo, Guqukani, ni bulale abapristi ba ka Jehova; ngokuba isandhla sabo si naye uDavida, ngokuba be b'azi ukuti u ya baleka, kepa a ba ngi vezelanga. Kepa izinceku zenkosi a zi vumanga ukuyisa isandhla sazo ukuba z'ehle abapristi ba ka Jehova. **18** Ya se i ti inkosi ku Dowegi, Guquka wena, wehle abapristi. Wa guqukake uDowegi umEdom, w'ehla abapristi, wa bulala nga lolo suku abantu aba ngamashumi a isishiyangalombili nesihlanu ab'ambete iefodi lelineni. **19** INobe, umuzi wabapristi, wa li cita ngobukali benkemba, wa bulala abesilisa nabesifazana, izingane nabancelayo, izinkomo nezimbongolo nezimvu, ngobukali benkemba.

20 Omunye ku madodana ka Ahimeleki ka Ahitubi, igama lake li ngu-Abiyatare, wa sinda wa baleka, wa landela uDavida. **21** UAbiyatare

Digitized by
Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UDavida wopula iKehila. U xoshwa uSaule. U sizwa uJonatan.

wa m tshela uDavida ukuti uSaule u bulele abapristi ba ka Jehova. **22** UDavida wa ti ku Abiyatare, ng'azi nga lolo suku, uDowegi umEdom owa e kona ngalo, ukuti u ya kumtshela impela uSaule: yimi o bangele ukuba ba fe abantu bonke bendhlu ka yihlo. **23** Hlala nami, u ng'esabi; ngokuba lo o funa ikanda lami u funa ikanda lako: u ya kugcineka nxa u kona kimi.

23 Kwa bikwa ku Davida kwa tiwa, Bheka, amaFilisti a lwa neKehila, a panga izibuya. **2** Ngakoke uDavida wa buza ku Jehova, wa ti, Ngi ye ngi cite lawa maFilisti na? UJehova wa ti ku Davida, Hamba, u cite amaFilisti, u sindise iKehila. **3** Abantu ba ka Davida ba ti kuye, Bheka, si y'esaba lapa kwa Juda: kakulu kangakanani po, uma si ya eKehila, si lwe nezimpi zamaFilisti? **4** Wa s'e pinda uDavida wa buza ku Jehova futi. UJehova wa m pendula wa ti, Suka, wehlele eKehila; ngokuba ngi ya kukapela amaFilisti esandhleni sako. **5** UDavida nabantu bake ba ya eKehila, ba lwa namaFilisti, ba tumba imfuyo yawo, ba wa ceka ngokuceka okukulu. UDavida wa ba sindisake abakileyo eKehila. **6** Lapo uAbiyatare ka Ahimeleki e balekela ku Davida eKehila, w'ehla e neefodi esandhleni sake.

7 Kwa bikwa ku Saule ukuti, uDavida u fikile eKehila. Wa ti uSaule, UNkulunkulu u tengise ngaye esandhleni sami; ngokuba u valelekile ngokungena emzini o nezicabha nemivalo. **8** USaule wa mema abantu bonke ukuba ba pume impi, b'ehlele eKehila ba vimbezele uDavida nabantu bake. **9** UDavida w'azi ukuti uSaule u ceba okubi ngaye; wa ti ku Abiyatare umpristi, Leta iefodi. **10** UDavida wa s'e ti, E Jehova, Nkulunkulu ka Israeli, inceku yako i zwile nokuzwa ukuti uSaule u funa ukuza eKehila ukucita umuzi ngenxa yami. **11** Amadoda a seKehila a ya kungikapela esandhleni sake na? uSaule u zo kwehla njengokuzwa kwenceku yako na? Au Jehova, Nkulunkulu ka Israeli, a k'u tshele inceku yako. UJehova wa ti, U zo kwehla. **12** Wa s'e ti uDavida, Amadoda a seKehila a ya kungikapela mina nabantu bami esandhleni si ka Saule na? UJehova wa ti, A ya kukukapela. **13** UDavida nabantu bake, kungati aba ngamakulu a isitupa, ba se b'esuka ba puma eKehila, ba hambahamba lapo ba be nokuhamba kona. Kwa bikwa ku Saule ukuti uDavida u balekile eKehila; wa s'e yeka ukupuma. **14** UDavida wa hlala ehlane ezinqabeni, wa hlala ezintabeni ehlane la seZifi. USaule wa m funa imihla yonke, kepa uNkulunkulu a ka m kapelanga esandhleni sake.

15 UDavida wa bona ukuti uSaule u pumile e funa ikanda lake: uDavida wa e sehlane la seZifi ehlatini. **16** UJonatan ka Saule w'esuka wa ya ku Davida ehlatini, wa qinisa isandhla sake ku Nkulunkulu. **17** Wa ti kuye, U ng'esabi; ngokuba isandhla si ka Saule ubaba a si yi kukufumana; wena u ya kuba inkosi kwa Israeli, mina ngi ya kukwelama; futi u ya kwazi loko uSaule ubaba. **18** B'enza isivumelwano bobabili pambi ku ka Jehova: wa hlalake uDavida ehlatini, uJonatan wa ya endhlini yake.

19 Kwa se kw'enyuka amaZifi a ya ku Saule eGibeha, a ti, UDavida ka cashile yini kiti ezinqabeni ehlatini, egqumeni la seHakila, eli nga seningizimu kwa hlongasibi? **20** Ngakoke yehla, nkosi, njengokufisa konke kwenhliziyo yako kwokwehla; tina ngokwetu si ya kumkapela esandhleni senkosi. **21** USaule wa ti, Ma ni busiswe uJehova; ngokuba ni ngi haukele. **22** A ke ni hambe, ni qiniseke kakulu, n'azi, ni bone indawo yake lapo ku kona unyawo lwake, nokuti u bonwe ubani kona; ngokuba ngi tshelwe ukuti u iqili yena. **23** Bhekanike, n'azi izindawo zonke zokucasha a casha kuzo, ni buyele kimi ngesiminya, ngi hambe nani: ko ti uma e kona ezweni, ngi m yalule ezinkulungwaneni zonke za kwa Juda.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UDavida u yeka uSaule eEn-gedi e netuba lokumbulala.

24 B'esukake, ba ya eZifi ngapambili ku ka Saule: kepa uDavida nabantu bake ba be sehlane la seMahon, eAraba nga seningizimu kwa hlongasibi. 25 USaule nabantu bake ba ya kumfuna. Wa tshelwa uDavida: w'ehlela eweni, wa hlala ehlane la seMahon. Wa ti uSaule ukuzwa loko, wa m landela uDavida ehlane la seMahon. 26 USaule wa ya ngalapa kwentaba, uDavida nabantu bake ba ya ngalapaya kwentaba: uDavida wa s'e muka ngokuyayateka ngenxa yokwesaba uSaule; ngokuba uSaule nabantu bake ba m pahla uDavida nabantu bake ukuba ba ba bambe. 27 Kepa kwa fika isigijimi ku Saule, si ti, Putuma, u fike; ngokuba amaFilisti a ngenele izwe. 28 USaule wa buyake ekumlandeleni uDavida, wa ya kuhlangabezana namaFilisti: ngakoke ba qamba leyo ndawo ngokuti iSela-hamalekoti. 29 UDavida w'enyuka lapo, wa hlala ezinqabeni za seEn-gedi.

24 Kwa ti uSaule e se buyile ekulandeleni amaFilisti, kwa bikwa kuye ukuti, Bheka, uDavida u sehlane la seEn-gedi. 2 USaule wa s'e tata abantu aba izinkulungwane ezintatu abaketiweyo ku Israeli wonke, wa ya kufuna uDavida nabantu bake eziweni zamagogo. 3 Wa fika ezibayeni zezimvu nga sendhleleni lapo ku kona umhume; uSaule wa ngena ukuba embese izinyawo zake. Kepake uDavida nabantu bake ba be hlezi emhumeni pakati. 4 Abantu ba ka Davida ba ti kuye, Nantu usuku uJehova a sho kuwe ngalo, wa ti, Bheka, ngi ya kukapela isita sako esandhleni sako, wenze kuso okuhle emehlweni ako. UDavida wa s'esuka, wa nquma ngasese umpeto wengubo ka Saule. 5 Kwa ti dukuduku wa hlabeka uDavida enhliziyweni, ngokuba e nqume umpeto wengubo ka Saule. 6 Wa ti ku bantu bake, Ma ku be kude kimi Jehova, ukuba ng'enze loku enkosini yami, ogcotshiweyo ka Jehova, ngi yise isandhla sami kuye, loku e ngogcotshiweyo ka Jehova. 7 UDavida wa qunda abantu bake nga lawa mazwi, ka z'a ba vumela ukuba ba m vukele uSaule. W'esukake uSaule emhumeni, wa hamba ngendhlela yake.

8 UDavida naye wa suka emva kwa loko, wa puma emhumeni, wa landelisela uSaule, e ti, Nkosi yami nkos'enkulu. Wa ti ukubheka emva uSaule, uDavida wa kotama e beka pansi ubuso, wa kuleka. 9 UDavida wa ti ku Saule, U wa lalelelani amazwi abantu aba ti, Bheka, uDavida u funa ukukulimaza? 10 Bheka, namhla amehlo ako a bonile ukukashelwa kwako uJehova namhla esandhleni sami emhumeni: kwa tiwa ma ngi ku bulale; kepa iso lami la ku haukela; nga ti, A ngi yi kuyisa isandhla sami enkosini yami; ngokuba yona i ngogcotshiweyo ka Jehova. 11 Futi, baba, bheka, yebo, bheka umpeto wengubo yako esandhleni sami; loku ngi nqumile umpeto wengubo yako, a nga ku bulala, y'azike u bone ukuba a kuko okubi na kupambuka esandhleni sami, a ng'onanga kuwe, noko u zingela ikanda lami ukuba u li suse. 12 UJehova ma k'ahlulele pakati kwako nami; uJehova ma ka ngi pindisele kuwe; kodwa isandhla sami a si yi kuba pezu kwako. 13 Njengokusho kwesiga sabendulo ukuti, Ukushinga ku vela kwabashingayo; kepake isandhla sami a si yi kuba pezu kwako. 14 Inkosi ya kwa Israeli i pume i landela bani na? u xosha bani na? u xosha inja efileyo, u xosha intwakumba nje. 15 Ngakoke uJehova ma ka tete icala, ahlulele pakati kwami nawe, a bone, a melele indaba yami, a ngi tete ngi sinde esandhleni sako.

16 Kwa ti ke uDavida e se qedile ukukuluma lawa mazwi ku Saule, uSaule wa ti, Ipimbo lako leli, ndodana yami Davida na? USaule wa dazuluka, wa kala. 17 Wa ti ku Davida, Wena u lungile kunami; ngokuba wena u ngi vuze ngokuhle, inganti mina ngi ku vuze ngokubi. 18 U ngi tshelile namhla ukuti u ng'enzele okuhle, njengokuba u te uJehova e se ngi kapele esandhleni

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

USaule u ya penduka. UNabali wenqaba isicelo si ka Davida.

sako, a u ngi bulalanga. 19 Ngoba uma umuntu e fumana isita sake, u hle a si mukise ngendhlela enhle na? ngakoke uJehova ma ka ku kokele ngokuhle ngokwenzileyo kimina namhla. 20 Manjeke, bheka, ngi y'azi kahle ukuti wo ba inkosi impela, umbuso wa kwa Israeli u qiniswe esandhleni sako. 21 Ngi fungele uJehova, manje ukuba a u yi kunquma inzalo yami emva kwami, nokuba a u yi kulishabalalisa igama lami endhlini ka baba. 22 UDavida wa fungake ku Saule. USaule wa goduka; kepa uDavida nabantu bake b'enyukela enqabeni.

25 USamuweli wa fa; uIsraeli wonke wa qoqana, wa m lilela, wa m mbela endhlini yake eRama. UDavida w'esuka, w'ehlela ehlane la seParan.

2 Kwa ku kona indoda eMahon e msebenzi wayo wa u seKarmeli; leyo ndoda ya i nkulu kakulu, ya i nezimvu ezi izinkulungwane ezintatu, nezimbuzi ezi inkulungwane: ya i gunda izimvu zayo eKarmeli. 3 Igama la leyo ndoda la li nguNabali; igama lomkayo uAbigali; wa e ngowesifazana o nokuqonda okuhle, e bukeka e umbakabaka: kepa indoda ya i isiciza izenzo'zayo zimbi; ya i ngumKalebi. 4 UDavida w'ezwa ehlane ukuti uNabali u gunda izimvu zake. 5 UDavida wa tuma izinsizwa ezi ishumi, wa ti uDavida ezinsizweni, Yenyukelani eKarmeli, ni ye ku Nabali, ni m bingelele egameni lami: 6 a no ti kuye o hlala kahle, Ukutula ma ku be kuwe, ukutula ma ku be sendhlini yako, ukutula ma ku be kuko konke o nako. 7 Se ngi zwile ukuba u nabagundi: abalusi bako ba be nati, a si ba limazanga, a kwa lahleka luto ku bona, zonke izinsuku zokuba kona kwabo eKarmeli. 8 Buza izinsizwa zako, zi ya kukutshela: ngakoke izinsizwa ma zi be nesasasa kuwe; ngokuba si fike ngosuku oluhle: a k'u zi pe izinceku zako, nendodana yako uDavida, loku oku funyanwa isandhla sako.

9 Izinsizwa zi ka Davida se zi fikile, za kuluma ku Nabali ngokwa lawo mazwi onke egameni li ka Davida za tula. 10 UNabali wa pendula izinceku zi ka Davida, wa ti, Ubani uDavida na? i ngubani indodana ka Jese na? nga lezi zinsuku ku kona izinceku eziningi ez'eqa enkosini yazo. 11 Po, ngi tate isinkwa sami, namanzi ami, nenyama yami engi yi hlabele abagundi bami, ngi ku nike abantu engingabaziyo noma abapi na? 12 Izinsizwa zi ka Davida za penduka ngendhlela yazo, za buya za fika za m tshela ngokwa lawa mazwi onke. 13 UDavida wa ti ku bantu bake, Bincani nonke ilowo inkemba yake. Ba bincake ilowo inkemba yake; uDavida naye wa binca eyake inkemba: kw'enyuka be landela uDavida abantu aba ngamakulu amane; amakulu amabili a hlala empahleni.

14 Kepa omunye wabafana wa tshela uAbigali umka Nabali, wa ti, Bheka, uDavida u tume izigijimi zi puma ehlane ukuba zi bingelele inkosi yetu; ya zi zauzela. 15 Kepa lawa madoda a e lungile kakulu kitina, a si limalanga, a ku lahlekanga luto kitina, izinsuku zonke zokuhambisana kwetu nawo, si sendhle: 16 a be udonga kitina emini na sebusuku, izinsuku zonke e be si nawo ngazo s'alusa izimvu. 17 Ngakoke yazi u bone manje o zo kwenza; ngokuba ku hloswe okubi ngenkosi yetu, na ngendhlu yayo yonke: ngokuba i lihatanga eli nje, umuntu a nge kulume nalo.

18 Wa s'e shesha uAbigali, wa tabata izinkwa ezi ngamakulu amabili, nezimvaba zewayini ezimbili, nezimvu ezi isihlanu ezilungisiweyo, nezilinganiso ezi isihlanu zenhlosa, nezihleke zamavini omileyo ezi ikulu, nezigaxa zamakiwane ezi ngamakulu amabili, w'etwesa ngako izimbongolo. 19 Wa ti ku bafana ba kwake, Hambani ngapambili kwami; bhekani, mina ngi ya ni landela. Kodwa a ka yi tshelanga indoda yake uNabali. 20 Kwa ti ke, e sa kwele embongolweni, ehla ngewuba lentaba, nangu, uDavida nabantu bake b'ehlela kuye;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

wa hlangana nabo. 21 UDavida wa e tizeke, Impela ngi ku gcinele ize konke okwa lo ehlane, kwa ze kwa nga lahleka luto olwake: u se ngi buyisele okubi ngokuhle. 22 UNkulunkulu ma k'enze njalo eziteni zi ka Davida elekele futi, nxa ku sa kusasa ngi shiye kuko konke a nako ngi sho na munye umntwana wesilisa.

23 Wa ti uAbigali ukumbona uDavida wa shesha, w'ehlika embongolweni yake, wa ti mbo ngobuso pansi pambi ku ka Davida, wa kotamela pansi. 24 Wa wa nga sezinyaweni zake, wa ti, Nkosi yami, leli cala ma li be pezu kwami, mina; incekukazi yako a ke i kulume ezindhlebeni zako, u zwe amazwi encekukazi yako. 25 Inkosi yami ma i nga kataleli leli hatanga uNabali; ngokuba njengegama lake, u njalo yena; uNabali igama lake, nobuwula bu kuye: kodwa mina ncekukazi yako a ngi zi bonanga izinsizwa zenkosi yami ozitumileyo. 26 Ngakoke nkosi yami, e kona uJehova, u kona nompefumulo wako, loku uJehova u ku kalime ecaleni legazi, na sekuzipindiseleni ngesandhla sako, izita zako, naba yi funela ububi inkosi yami ma ba be njengoNabali. 27 Kalokuke lesi sipo esi letwa incekukazi yako enkosini yami, ma si nikwe izinsizwa ezi landela inkosi yami. 28 A ke u tetelele isipambuko sencekukazi yako: ngokuba uJehova u ya kuyenzela inkosi yami indhlu eqinileyo impela, ngoba inkosi i lwa izimpi zi ka Jehova; ububi a bu yi kufunyanwa kuwe ezinsukwini zako zonke. 29 Noma abantu be vukile ukukuzingela, nokufuna umpefumulo wako, noko umpefumulo wenkosi yami u ya kuboshwa esijumbaneni sabapilileyo ku Jehova uNkulunkulu wako; imipefumulo yezita zako, yona u ya kuyijikijela, kungati i pakati kwelengiso. 30 Ku ya kuti, lapo uJehova e se kwenzile enkosini yami njengako konke okuhle akukulumileyo ngawe, e se ku misile u be isikulu kwa Israeli, 31 loku ku nga bi isikubekiso kuwe, ku nga bi izanya enhliziyweni yenkosi yami, okokuba u palaze igazi ngeze, nokokuba inkosi yami i zipindisele. Lapo uJehova e se y'enzele okuhle inkosi yami, u z'u kumbule incekukazi yako.

32 UDavida wa s'e ti ku Abigali, Ma ka bongwe uJehova uNkulunkulu ka Israeli, o ku tume namhla ukungihlangabeza: 33 ma ku busiswe nokuqikekela kwako, ma u busiswe nawe, o ngi vimbele namhla ecaleni legazi, na sekuzipindiseleni ngesandhla sami. 34 Ngokuba ngempela, e kona uJehova uNkulunkulu ka Israeli, o ngi nqande mina ukuba ngi nga ku limazi, uma u nga sheshanga w'eza ukungihlangabeza, impela nga ku nga salanga ku Nabali lapo ku sa, na munye umntwana wesilisa. 35 UDavida w'amkelake esandhleni sake loko a m letele kona: wa ti kuye, yenyukela endhlini yako ngokutula; bheka, ngi li lalele izwi lako, ngi ya ku takazela.

36 UAbigali wa fika ku Nabali; bheka, wa b'enze idili endhlini yake, njengedili lenkosi; inhliziyo ka Nabali ya i ncibilikile pakati kwake, ngokuba wa e dakiwe kakulu: ngakoke a ka m tshelanga luto oluncane nolukulu kwa za kwa sa kusasa. 37 Kwa ti kusasa, iwayini se li pumile ku Nabali, umkake wa m tshela lezi zinto, inhliziyo yake ya se i fa pakati kwake, wa ba njengetshe. 38 Kwa ti ngasemva kwezinsuku ezi ishumi uJehova wa m shaya uNabali, wa fa.

39 Wa ti uDavida ukuzwa ukuba uNabali ka seko, wa ti, Ma ka bongwe uJehova, o melele indaba yesihlamba sami esandhleni si ka Nabali, o nqande inceku yake ebubini: uJehova u buyisele ububi bu ka Nabali ekanda lake. UDavida wa tumake wa kuluma ngoAbigali, ukuze a m tate a be umkake. 40 Se zi fikile izinceku zi ka Davida ku Abigali eKarmeli, za kuluma kuye, za ti, UDavida u si tumile kuwe, ukuba a ku tate u be umkake. 41 Wa suka, wa kotama e beka pansi ubuso, wa ti, Bheka, incekukazi yako i isigqili-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kazi sokugeza izinyawo zezinceku zenkosi yami. 42 UAbigali wa shesha, w'esuka, wa kwela imbongolo, e namantombazana ake a isihlanu a hamba naye; wa landela izigijimi zi ka Davida, wa ba umkake.

43 UDavida wa tata futi uAhinowam wa seJezereli; ba ba omkake bobabili. 44 Kepake uMikali indodakazi yake umka Davida, uSaule wa e se m nike uPalti ka Layishe wa seGalim.

26 AmaZifi eza ku Saule eGibeha, e ti, UDavida a ka bacile yini egqumeni la seHakila, eli ngapambi kwa kwa hlongasibi? 2 Wa s'e suka uSaule, w'ehlela ehlane la seZifi, e namadoda aketiweyo a kwa Israeli a izinkulungwane ezintatu, ukuba a fune uDavida ehlane la seZifi. 3 USaule wa ngenisa egqumeni la seHakila eli ngapambi kwa kwa hlongasibi, nga sendhleleni. Kodwa uDavida wa hlala ehlane, wa bona ukuti uSaule u ya m landela ehlane. 4 UDavida wa tuma izinhloli, w'azi ukuti uSaule u fikile impela. 5 W'emuka uDavida, wa fika endaweni lapo uSaule e ngenise kona; uDavida wa bona indawo lapo uSaule e lele kona, noAbneri ka Neri induna yempi yake: uSaule wa e lele esikanisweni sezinqola, abantu be mise nga kuye inxa zonke.

6 UDavida wa s'e pendula wa ti ku Ahimeleki umHiti, na ku Abishayi ka Zeruya, umfo wabo ka Jowabi, Ubani o za kwehlela nami ku Saule ekamu na? UAbishayi wa ti, Yimina o za kwehla nawe. 7 UDavida noAbishayi ba fikake ku bantu ebusuku: nangu uSaule e lele ubutongo pakati kwesikaniso sezinqola, umkonto wake u gxinyekiwe emhlabatini nga sekanda lake; uAbneri nabantu be lele be m haqile. 8 UAbishayi wa s'e ti ku Davida, UNkulunkulu u se kapele isita sako esandhleni sako namhla: kalokuke ma ngi m juqe kanye ngomkonto u ze u dhle umhlabati, a ngi yi kumpinda. 9 Wa ti uDavida ku Abishayi, Mus' ukumbulala; ngoba ubani o nga yisa isandhla sake kogcotshiweyo ka Jehova a nga bi nacala na? 10 Wa ti uDavida, E kona uJehova, uJehova u ya kumshaya; kumbe usuku lwake lokufa lu ya kufika; kumbe ehlele empini a bulawe. 11 A ku be kude kimi, Jehova, ukuba ngi yise isandhla sami kogcotshiweyo ka Jehova: kepa a ke u tate umkonto o nga sekanda lake, nesigubu samanzi, si hambe. 12 UDavida wa wu tatake umkonto nesigubu samanzi nga sekanda li ka Saule; ba zihambela: a ku bonanga muntu, a kwaziwa muntu, a ku vukanga muntu; ngoba ba be lele bonke, ngokuba ba behlelwe ubutongo obunzima obu vela ku Jehova.

13 UDavida wa s'e welela ngapesheya, w'ema esiqongweni sentaba kude; ku kona ibanga elikulu emkatini wabo; 14 uDavida wa memeza abantu noAbneri ka Neri, wa ti, A u sabeli Abneri na? Wa s'e sabela uAbneri, wa ti, U ngubani wena o memeza inkosi na? 15 Wa ti uDavida ku Abneri, A u siyo indoda wena na? ubani o njengawe kwa Israeli na? po, yini ukuba u nga lindanga inkosi yako inkosi yezwe na? ngokuba ku ngene omunye wabantu ukububisa inkosi yezwe, inkosi yako. 16 Le nto a i lungile oyenzileyo. E kona uJehova, ni ngabokufa, ngokuba a ni lindanga inkosi yenu ogcotshiweyo ka Jehova. Kalokuke cinga umkonto wenkosi, nesigubu samanzi e be si nga sekanda layo.

17 USaule wa l'azi ipimbo li ka Davida, wa ti, Ipimbo lako leli, ndodana yami Davida na? uDavida wa ti, Li ipimbo lami, nkosi yami, nkos'e nkulu. 18 Wa ti, Inkosi yami i yi landelelani inceku yayo na? ingokuba ng'enzeni? ububi buni obu sesandhleni sami na? 19 Kalokuke inkosi yami, inkosi yezwe, a ke i zwe amazwi enceku yayo. Uma ku nguJehova o ku cokoloza ngami, ma ka hogele umnikelo: kodwa uma ku ngabantwana babantu, ma ba be abaqalekisiweyo pambi ku ka Jehova; ngokuba ba ngi xoshile namhla ukuba ngi nga namateli efeni li ka

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Jehova, be ti, Hamba, u konze abanye onkulunkulu. 20 Ngakoke, igazi lami ma li nga wi emhlabatini ngi kude nobuso bu ka Jehova: ngokuba inkosi ya kwa Israeli i pumele ukufuna intwakumba, njengomuntu e zingela itendele ezintabeni.

21 USaule wa s'e ti, Ng'onile: buya, ndodana yami, Davida; ngokuba a ngi sa yi kukulimaza, ngokuba ukupila kwami ku be igugu emehlweni ako namhla: bheka, ngi ntumazele, ng'edukile kakulu. 22 Wa pendula uDavida, wa ti, Nanku umkonto, nkosi! ma ka wele omunye wezinsizwa a wu lande. 23 UJehova u ya kubuyisela ilowo ukulunga kwake nokwetembeka kwake; loku uJehova u ku kapele esandhleni sami namhla, a nga vuma ukuyisa isandhla sami kogcotshiweyo ka Jehova. 24 Bheka, njengokuba ukupila kwako ku be kukulu namhla emehlweni ami, ku njalo ukupila kwami ma ku be kukulu emehlweni ka Jehova, ma ka ng'opule kuzo zonke izinsizi. 25 Wa s'e ti uSaule ku Davida, Ma u busiswe wena ndodana yami Davida: u ya kwenza izenzo, wahlule nokwahlula. UDavida wa hambake ngendhlela yake, uSaule wa buyela endaweni yake.

27 UDavida wa ti enhliziyweni yake, Se ngi za 'uze ngi qedwe ngolunye usuku ngesandhla si ka Saule: a kuko okungilungeleyo kupela a ngi pepele ezweni lamaFilisti; uSaule wo dela ngami, a nga be e sa ngi funa futi emikaulweni yonke ya kwa Israeli: ngi pepe esandhleni sake. 2 UDavida w'esukake, yena namadoda a ngamakulu a isitupa a e naye, wa dhlulela ku Akishe ka Mahoki, inkosi ya seGati. 3 UDavida wa hlala noAkishe eGati, yena nabantu bake, ilowo muntu nomuzi wake, uDavida e nabafazi bake ababili, uAhinowam wa seJezereli, noAbigali wa seKarmeli, umka Nabali. 4 Kwa bikwa ku Saule ukuti uDavida u balekele eGati: a ka b'e sa m funa futi.

5 UDavida wa ti ku Akishe, Uma se ngi nesasasa kuwe, ma ngi piwe indawo komunye wemizi e semapandhleni, ukuba ngi hlale kona: ngokuba yini ukuba inceku yako i hlale nawe emzini wa kwomkulu na? 6 UAkishe wa s'e m nika iZikelage nga lolo suku: ngakoke iZikelage li elamakosi a kwa Juda ku ze ku be namhla. 7 Umumo wezinsuku zokuhlala ku ka Davida ezweni lamaFilisti kwa ba umnyaka nezinyanga ezine.

8 UDavida nabantu bake b'enyuka, ba ngenela amaGeshuri, namaGirezi, namaAmaleki; ngokuba labo ba be abakileyo ku lelo zwe kwa sendulo, nxa ku yiwa eShuri, ku ze ku fike ezweni la sEgipite. 9 UDavida wa li cita izwe, a ka shiyanga muntu ezwa owesilisa nowesifazana, wa tabata izimvu, nezinkomo, nezimbongolo, namakamelo, nezingubo; wa buya wa fika ku Akishe. 10 Wa ti uAkishe, U b'u ngenele bani namhla na? Wa ti uDavida, Be ngi seNingizimu kwa Juda, na nga seNingizimu kwamaJerameli, na nga seNingizimu kwamaKeni. 11 UDavida a ka shiyanga owesilisa nowesifazana ezwa ukuba a ba yise eGati, e ti, Funa ba si cebe, ba ti, Wenze nje uDavida, kwa ba njalo ukwenza kwake sonke isikati a hlala ngaso ezweni lamaFilisti. 12 UAkishe wa kolwa uDavida, e ti, U zinukise nokuzinukisa ku bantu ba kubo uIsraeli; ngakoke u ya kuba inceku yami ku ze ku be nini.

28 Kwa ti nga lezo zinsuku, amaFilisti a qoqa izimpi zawo ukuba a hlasele, a lwe noIsraeli. UAkishe wa ti ku Davida, Yazi impela ukuba u za kupuma nami impi, wena nabantu bako. 2 UDavida wa ti ku Akishe, Ngakoke u ya kwazi oku ya kwenziwa inceku yako. Wa ti uAkishe ku Davida, Ngakoke ngi za kukubeka u be umlindi wekanda lami njalonjalo.

3 Kepa uSamuweli wa e nga seko, uIsraeli wonke wa e m lilele, wa m mbela eRama, kona emzini wake. USaule wa e se susile aba nemilozika-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

USaule u ya konomlozikazana eEndore.

zana, nezangoma, ezweni. 4 AmaFilisti a qoqana, a fika a ngenisa eShunem; uSaule wa qoqa uIsraeli wonke, ba ngenisa eGilebowa. 5 Wa ti uSaule ukubona impi yamaFilisti, w'esaba, inhliziyo yake ya tutumela kakulu. 6 Kwa t'uba uSaule a buze ku Jehova, uJehova ka z'a m.pendula, na ngamapupo, na ngeUrim, na ngabaprofeti. 7 Wa s'e ti uSaule ezincekwini zake, Ngi funeleni owesifazana o nomlozikazana, ukuba ngi ye kobuza kuye. Izinceku zake za ti kuye, Bheka, ku kona owesifazana o nomlozikazana eEndore.

8 USaule wa z'enza umuntu mumbe, w'ambata ezinye izingubo, wa hamba, yena namadoda amabili kanye naye, ba fika kowesifazana ebusuku: wa ti, Ma u ngi bhulele pela, ngomlozikazana, u ng'enyusele engi za kumusho kuwe. 9 Wa ti owesifazana kuye, Bheka, u y'azi okwenziwe uSaule, ukunquma kwake aba nemilozikazana, nezangoma, ezweni: yini po ukuba u cupe ikanda lami, ukuba ngi bulawe? 10 USaule wa funga kuye uJehova, wa ti, E kona uJehova, a u yi kutoliswa icala nga le nto. 11 Wa- s'e ti owesifazana, Ngi zo kwenyusela bani na? Wa ti, Ng'enyusele uSamuweli. 12 Wa ti owesifazana ukubona uSamuweli, wa kala ngezwi elikulu; wa kuluma owesifazana ku Saule, e ti, U ngi kohliseleni na? u nguSaule wena. 13 Inkosi ya ti kuye, Mus'ukwesaba: po, u bonani na? Owesifazana wa ti ku Saule, Ngi bona itongo lenyuka li vela emhlabatini. 14 Wa ti ke kuye, U nesimo sini na? Wa ti yena, Kwenyuka umuntu omdala; u mboze ngengubo. Wa bonake uSaule ukuti nguSamuweli, wa kotama e beka pansi ubuso, wa kuleka.

15 USamuweli wa ti ku Saule, U ngi xobiselani ukungenyusa na? USaule wa ti, Ngi xinekile kakulu; ngokuba amaFilisti a y'alwa nami, uNkulunkulu u sukile kimi, a sa ngi penduli ngabaprofeti, na ngamapupo: ngakoke ngi ku bizele ukuba u ng'azise engingakwenzayo. 16 Wa ti uSamuweli, Po, u buzelani kimi, loku uJehova e se sukile kuwe, e se oyimpi kuwe na? 17 UJehova wenze kuwe njengaloku a kuluma ngako ngami: uJehova u hxebulile umbuso esandhleni sako, wa wu nika umakelwane wako uDavida. 18 Ngokuba u nga lalelanga izwi li ka Jehova, u nga fezanga ulaka lwake oluvutayo pezu ku ka Amaleki, ngakoke uJehova wenze loku kuwe namhla. 19 Futi uJehova u ya kukapela uIsraeli kanye nawe esandhleni samaFilisti; ngomuso u za kuba nami wena namadodana ako: uJehova u za kukapela impi ya kwa Israeli esandhleni samaFilisti.

20 Wa e se wa njalo uSaule wa ti twi emhlabatini, w'esaba kakulu, ngenxa yamazwi ka Samuweli: a kwa bako mandhla kuye; ngoba wa e nga dhlanga kudhla imini yonke, nobusuku bonke. 21 Owesifazana wa fika ku Saule, wa bona ukuba u papateke kakulu, wa ti kuye, Bheka, incekukazi yako i li lalele izwi lako, nga zidela amatambo, nga lalela amazwi ako o wa kulume kimi. 22 A ke u laleleke nawe izwi lencekukazi yako, ngi beke umtamo wokudhla pambi kwako; u dhle, ukuba u be namandhla lapo u hamba ngendhlela yako. 23 Kodwa w'ala e ti, A ngi z'u kudhla. Za m cindezela izinceku zake, kanye nowesifazana; wa lalelake izwi labo. Wa e se vuka emhlabatini, wa hlala embedeni. 24 Owesifazana wa e netole elikulupalisiweyo endhlini; wa shesha, wa li hlaba; wa tata impupu wa yi xova, w'osa isinkwa esi nge na mvubelo ngayo: 25 wa ku leta pambi ku ka Saule, na pambi kwezinceku zake; ba dhla. Ba se be suka, ba hamba nga lobo busuku.

29 Kepake amaFilisti a qoqela zonke izimpi zawo eAfeki: abaIsraeli ba ngenisa nga semtonjeni o seJezereli. 2 Amakosi amaFilisti a dhlula ngamakulu, na ngezinkulungwane; uDavida nabantu bake ba dhlula muva kanye noAkishe. 3 Za se zi ti izikulu zamaFilisti, A yini

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UDavida u mukiswa uAkishe. U fumana umuzi wake u citiwe.

lawa maHeberu lapa na? uAkishe wa ti kuzo izikulu zamaFilisti, A siye uDavida, inceku ka Saule inkosi ya kwa Israeli, o kade e nami nga lezi zinsuku, a ke ngi ti nga le minyaka; a ngi fumananga luto ku yena seloku wa hlubuka w'eza kimi ku ze ku be namhla. **4** Kepa izikulu zamaFilisti za m tukutelela; izikulu zamaFilisti za ti kuye, Ma ka buye lo muntu, a buyele endaweni yake o m misele yona, a ng'ehleli nati empini, funa a penduke oyimpi kiti ekulweni: ngokuba lo u ya kugculisa ngani inkosi yake? uma ku nge ngamakanda a lawa madoda na? **5** A siye uDavida lo, aba be vumelana ngaye be sina be ti,

USaule u bulele izinkulungwane zake,
UDavida u bulele izinkulungwane zake ezi ishumi?

6 UAkishe wa s'e biza uDavida, wa ti kuye, E kona uJehova, u qoto wena, ukupuma kwako nokungena kwako nami empini ku lungile emehlweni ami; ngoba a ngi fumananga okubi ku wena ku sukela osukwini owa fika ngalo kimina ku ze ku be namhla: nokoke a u lungile emehlweni amakosi. **7** Buyake, u hambe kahle, ukuze u ng'enzi okubi emehlweni amakosi amaFilisti. **8** UDavida wa ti ku Akishe, Kepa ng'enzeni na? u fumane ntoni encekwini yako seloku nga ba pambi kwako ku ze ku be namhla, ukuba ngi nga yi ukulwa nezita zenkosi yami inkosi yezwe na? **9** Wa pendulake uAkishe wa ti ku Davida, Ngi y'azi ukuti u lungile emehlweni ami, njengengelosi ka Nkulunkulu: nokoke izikulu zamaFilisti zi te, Ka soze enyuke yena a ye nati ekulweni. **10** Sal'u su vukake ekuseni nga kusasa kanye nezinceku zenkosi yako ezi fike nawe; no ti ni sa vuka ekuseni nga kusasa, se ku kanya, ni muke. **11** UDavida nabantu bake ba vukake ekuseni ukuba ba hambe ku se kusasa, ba buyele ezweni lamaFilisti. AmaFilisti enyukela eJezereli.

30 Kwa ti uDavida nabantu bake se be fikile eZikelage ngosuku lwesitatu, amaAmaleki a e kade e ngenele iNingizimu neZikelage, a li cita iZikelage, a li shisa ngomlilo, **2** a e se tumbile abesifazana nabo bonke aba be pakati kwalo, abancane nabakulu: a bulalanga muntu, kodwa a ba quba, a hamba ngendhlela yawo. **3** Kwa t'uba ba fike emzini uDavida nabantu bake, nanku, u shisiwe ngomlilo; abafazi babo, namadodana abo, namadodakazi abo, be tunjiwe. **4** UDavida nabantu aba be naye ba se be dazuluka ba kala, kwa ze a kwa ba ku sa bako mandhla okukala. **5** Abafazi ba ka Davida ababili ba tunjwa, uAhinowam wa seJezereli, noAbigali umka Nabali wa seKarmeli. **6** UDavida wa e nyinyekile kakulu; ngokuba abantu ba kuluma ngokumkanda ngamatshe, ngokuba izinhliziyo zabantu bonke za zi cunukele, ilowo ngamadodana ake namadodakazi ake: kodwa uDavida wa ziqinisa ku Jehova uNkulunkulu wake.

7 UDavida wa ti ku Abiyatare ka Ahimeleki, umpristi, A u ngi letele iefodi. UAbiyatare wa li letake iefodi ku Davida. **8** UDavida wa buza ku Jehova, wa ti, Uma ngi landela leli viyo, ngi zo li fica na? Wa ti kuye, Landela; ngokuba u ya kulifica isibili, wopule konke. **9** Wa hambake uDavida, yena namadoda a ngamakulu a isitupa a e naye, wa fika emfulaneni iBesore; kw'ema lapo amasalela. **10** Kepa uDavida wa landela, yena namakulu amane amadoda; ngoba amakulu amabili a sal'emva, e zukekile e nge na kuwela umfulana iBesore.

11 Ba fumana umuntu wa sEgipite endhle, ba m yisa ku Davida, ba m nika ukudhla, wa dhla; ba m puzisa amanzi; **12** ba m nika nocezu lwesigaxa samakiwane, nezihleke ezibili zamavini omileyo: la e se dhlile, kwa buyela umoya wake kuye; ngokuba wa e nga dhlanga kudhla, e nga puzanga manzi, izimini ezintatu nobusuku obutatu. **13** UDavida wa ti kuye, U ngo ka bani na? u ngowapi na? Wa ti yena, Ngi umfana

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U buyisa abatunjwa nempango. Ku bulawa uSaule namadodana ake.

wa sEgipite, ngi isigqili somAmaleki; inkosi yami i ngi shiyile, ngoba se ku izinsuku ezintatu nga gula. 14 Sa ngenela iNingizimu lamaKereti, nela kwa Juda, na seNingizimu kwa Kalebi; sa shisa iZikelage ngomlilo. 15 UDavida wa ti kuye, U nga ng'ehlisela ku leli viyo na? Wa ti, Funga kimi uNkulunkulu, ukuba a u yi kungibulala, a u yi kungikapela ezandhleni zenkosi yami, ngo kwehliselake ku leli viyo.

16 Lapo e se m ehlisile, nambo, be te shaye indawo yonke, be dhla be puza, be sina, ngenxa yempango yonke enkulu aba be yi tatile ezweni lamaFilisti, na sezweni la kwa Juda. 17 UDavida wa ba bulala, wa qala ku swelela kwa za kwa hlwa nga ngomso: a kwa sinda muntu ku bona, kupela izinsizwa ezi ngamakulu amane eza zi kwela amakamelo za baleka. 18 UDavida w'opula konke okwa ku tatwe amaAmaleki; w'opula nabafazi bake ababili uDavida. 19 A kwa silala luto ku bona, noluncane nolukulu, namadodana namadodakazi, nempango, nako konke aba be zitatele kona: uDavida wa ku buyisa konke. 20 UDavida wa tata zonke izimvu nezinkomo, ba zi quba ngapambi kwemfuyo enye, be ti, Impango ka Davida le.

21 UDavida wa fika emadodeni a ngamakulu amabili, a e zukekile e nge na kumlandela uDavida, aba be wa hlalisile emfulaneni iBesore; a puma ukuhlangabeza uDavida nokuhlangabeza abantu aba be naye: wa t'uba a sondele uDavida ku labo bantu, wa ba bingelela. 22 Kwa se ku pendula onke amadoda amabi namahatanga a ku bantu aba be hamba noDavida, a ti, Ngokuba be nga hambanga nati, a si yi kubanika luto empangweni esiyopulileyo, kupela ku be ileyo ndoda si yi nike umkayo nabantwana bayo, ba ba qube ba hambe nabo. 23 Wa s'e ti uDavida, A ni yi kwenze njalo, bafo wetu, nga loko a si nike kona uJehova, o si londile, wa kapela esandhleni setu iviyo elisihlaseleyo. 24 Ubani o ya kunilalela ku le ndaba? ngokuba njengesabelo sake o wehlela empini, so ba njalo isabelo sake o be sele nempahla: ba ya kwabelwa ku lingane. 25 Kwa ba njaloke ku suka ku lolo suku ku ya pambili, wa kwenza ku be isimiso nesiko ku Israeli ku ze ku be namhla.

26 UDavida e se fikile eZikelage, wa tuma enye impango emalungeni a kwa Juda, ezihlotsheni zake, e ti, Naso isipo senu sempango yezita zi ka Jehova: 27 kwaba be seBeteli, na kwaba be seRamoti la seNingizimu, na kwaba be seJatire, 28 na kwaba be seArohere, na kwaba be seSifimoti, na kwaba be seEshtemowa, 29 na kwaba be seRakali, na kwaba be semizini yamaJerameli, na kwaba be semizini yamaKeni, 30 na kwaba be seHorma, na kwaba be seBor-ashan, na kwaba be seAtaki, 31 na kwaba be seHebron, na sezindaweni zonke lapo ba be jwayele ukuhamba kona uDavida nabantu bake.

31 Kwa ti ke amaFilisti a lwa noIsraeli: amadoda a kwa Israeli a baleka pambi kwamaFilisti, a wa e bulewe entabeni iGilebowa. 2 AmaFilisti a m joka uSaule namadodana ake; amaFilisti a bulala uJonatan, noAbinadabe, noMalki-shuwa, amadodana ka Saule. 3 Impi ya ba nzima nga ku Saule, abacibisheli ba m fica; wa qaqazela kakulu ngenxa yabacibisheli. 4 Wa s'e ti uSaule odibini lwezikali zake, Hosha inkemba yako, u ngi bokode ngayo, funa ku fike laba aba nga sokile ba ngi bokode, ba dhlale ngami. Kodwa udibi lwezikali zake a lu vumanga; ngokuba lwa lw'esaba kakulu. Ngakoke uSaule wa tata inkemba yake, wa wela pezu kwayo. 5 Lwa ti udibi lwezikali zake ukubona ukuti uSaule u file, lwa se lu wa nalo pezu kwenkemba yalo, lwa fa kanye naye. 6 Wa fa-ke uSaule, namadodana ake amatatu, nodibi lwezikali zake, nabantu bonke bake, ba fa nga lolo suku kanyekanye.

7 A ti amadoda a kwa Israeli a be ngapesheya kwesigodi, n'a be nga-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

OSaule ba mbelwa eJabeshe-giliyadi.

pesheya kweJordan, ukubona ukuti amadoda a kwa Israeli a balekile, nokuti uSaule namadodana ake ba file, a shiya imizi, a baleka; amaFilisti a fika a hlala kuyo. **8** Kwa ti nga ngomso, lapo amaFilisti e za kohlubula ababuleweyo, a fumana uSaule namadodana ake amatatu be wile entabeni iGilebowa. **9** A m nquma ikanda, a hlubula izikali zake, a tuma ezweni lamaFilisti inxa zonke, ukumemezela endhlini yezitombe zawo, na ku bantu. **10** A beka izikali zake endhlini ya oAshtaroti; isidumbu sake ba si betela odongeni lwa seBeteshan. **11** Ba ti abakileyo eJabeshegiliyadi ukuzwa loko amaFilisti a be kwenzile ku Saule, **12** kwa suka onke amaqawe, a hamba ubusuku bonke, a susa isidumbu si ka Saule nezidumbu zamadodana ake odongeni lwa seBeteshan; a fika eJabeshe, a zi shisa kona. **13** A tata amatambo, abo a w'embela ngapansi kwomtamariske eJabeshe, a zila ukudhla izinsuku ezi isikombisa.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

INCWADI YESIBILI KA

SAMUWELI

UDavida u bikelwa ngokufa ku ka Saule noJonatan. Isililo sake.

1 Kwa ti ke emva kwokufa ku ka Saule, uDavida e se buyile ekubulaleni kwake amaAmaleki, uDavida e se hlale izinsuku ezimbili eZikelage; 2 kwa ti ngosuku lwesitatu, nango umuntu e puma ekamu ku Saule, izingubo zake zi hxebukile, e nomhlabati ekanda: kwa ti ekufikeni kwake ku Davida, wa ti mbo pansi, wa kuleka. 3 UDavida wa ti kuye, U velapi na? Wa ti kuye, Ngi balekile ekamu la kwa Israeli. 4 UDavida wa ti kuye, Ku be njanike na? a k'u ngi tshele. Wa ti, Abantu ba balekile empini, ku we abaningi abantu ba fa; uSaule noJonatan indodana yake a ba seko nabo. 5 Wa ti uDavida ku leyo nsizwa eya bi m tshela, W'azi ngani ukuba uSaule noJonatan indodana yake ba file na? 6 Insizwa eya bi m tshela ya ti, Ku te nje ngi sentabeni iGilebowa, bheka, uSaule u be zimelele ngomkonto wake; bheka izinqolana zempi nabakwel'amahashi ba be m jokile. 7 Wa ti ukubheka emva wa ngi bona, wa ngi biza. Nga ti, Ngi kona. 8 Wa ti kimi, U ngubani wena na? Nga ti kuye, Ngi ngumAmaleki. 9 Wa ti kimi, A k'u me ngakimi, u ngi bulale; ngokuba ngi banjwe inzululwane, ngoba ngi sezwa. 10 Ng'emake nga kuye, nga m bulala, ngokuba ng'azi ukuti a ngeke a pile emva kwokuba e se wile: nga tata umqele owa u sekanda lake, nesigqizo esa si sengalweni yake, ngi ku letile lapa enkosini yami.

11 UDavida wa s'e bamba izingubo zake, wa zi hxebula; onke amadoda a e naye enze njalo nawo: 12 ba lila, ba kala, ba zila ukudhla kwaze kwa hlwa, ngenxa ka Saule noJonatan indodana yake, na ngenxa yabantu ba ka Jehova, na ngenxa yendhlu ka Israeli; ngokuba be wile ngenkemba. 13 UDavida wa ti kuyo insizwa emtshelileyo, U ngowapi na? Ya ti, Ngi indodana yomuntu wezizwe umAmaleki. 14 UDavida wa ti kuye, Yini ukuba u ng'esabanga ukuyisa isandhla sako u bubise ogcotshiweyo ka Jehova na? 15 UDavida wa biza enye yezinsizwa, wa ti, Sondela, u m ehle. Ya m genca, wa fa. 16 UDavida wa ti kuye, Igazi lako ma li be pezu kwekanda lako; ngokuba umlomo wako u fakaze ngawe, wa ti, Ngi bulele ogcotshiweyo ka Jehova.

17 UDavida wa lilisela nga lesi sililiselo ngoSaule na ngoJonatan indodana yake 18 (wa ba yala ukuba ba fundise aba kwa Juda ingoma yomnsalo: bheka, i lotshiwe encwadini ka Jashare):

19 Amaduma ako, Israeli, a bulewe ezindaweni zako ezipakemeyo:
Yeka ukuwa kweziqwaga:
20 Ni nga ku sho eGati,
Ni nga ku memezeli ezitaladini za seAshkelon;
Funa amadodakazi amaFilisti a tokoze,
Funa amadodakazi aba nga sokile a ncince.
21 Nina zintaba za seGilebowa,
Ma ku nga biko mbete namvula pezu kwenu, namasimu eminikelo:
Ngoba lapo isihlangu seziqwaga sa ntshingwa,
Isihlangu si ka Saule, si nga gcotshwanga ngamafuta.
22 Egazini lababuleweyo, na semanonini eziqwaga,
Umnsalo ka Jonatan a u pindelanga emuva,
Inkemba ka Saule a i buyangaze.
23 USaule noJonatan ba be tandeka be mnandi be se kona,
Na sekufeni kwabo ka b'ahlukananga:
Ba be nejubane kunezinkozi,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UDavida u busa kwa Juda, uIsh-boshete kwa Israeli.

Ba be namandhla kunezingonyama.
24 Nina madodakazi a kwa Israeli,
m kaleleni uSaule,
O n'ambatise izingubo ezibomvu ngesinwe,
O hlobise ngezivunulo zegolide izambato zenu.
25 Yeka ukuwa kweziqwaga pakati kwokulwa!
UJonatan u bulewe ezindaweni ezipakemeyo zako.
26 Ngi xinekile ngenxa yako, mfo wetu Jonatan:
Wa u mnandi kimina kakulu:
Lwa ba ummangaliso utando lwako kimi,
Lu dhlula utando lwesifazana.
27 Yeka ukuwa kweziqwaga,
Nokububa kwezikali zokulwa!

2 Kwa ti emva kwa loku uDavida wa buza ku Jehova, wa ti, Ng'enyukele komunye wemizi ya kwa Juda na? uJehova wa ti kuye, Yenyuka. UDavida wa ti, Ng'enyukelepi? Wa ti, EHebron. 2 UDavida w'enyukelake kona, e hamba nabafazi bake ababili, uAhinowam wa seJezereli, noAbigali umka Nabali wa seKarmeli. 3 Abantu bake aba be naye uDavida wa b'enyusa, ilowo e nomuzi wake: ba hlala emizini ya seHebron. 4 Kwa fika abantu ba kwa Juda, ba m gcoba kona uDavida a be inkosi yendhlu ya kwa Juda.

Ba m tshela uDavida ba ti, Abantu ba seJabeshe-giliyadi yibona aba mbela uSaule. 5 UDavida wa tuma izigijimi ku bantu ba seJabeshe-giliyadi wa ti kubo, Ma ni busiswe uJehova, ngokuba n'enzile lesi sihau enkosini yenu, ngi sho uSaule, na m mbela. 6 UJehova a n'enzele isihau neqiniso: nami ngo n'enzela njengokuhle kwenu, ngokuba n'enze le nto. 7 Ngakoke ma zi qine izandhla zenu, ni be ngamaqawe; ngokuba a i seko inkosi yenu uSaule, indhlu ya kwa Juda i ngi gcobile mina ngi be inkosi yayo.

8 Kepake uAbneri ka Neri, induna yempi ka Saule, wa e tatile uIsh-boshete ka Saule, wa m welisela eMahanayim; 9 wa m beka inkosi eGiliyadi, na ku maAshuri, na seJezereli, na kwa Efrayim, na kwa Benjamin, na kwa Israeli wonke. 10 UIsh-boshete ka Saule wa e neminyaka e ngamashumi amane ekuqaleni kwake ukubusa kwa Israeli, wa busa iminyaka emibili. Kepa indhlu ya kwa Juda ya landela uDavida. 11 Isikati uDavida a busa ngaso eHebron e busa indhlu ya kwa Juda sa si iminyaka e isikombisa nezinyanga ezi isitupa.

12 UAbneri ka Neri, kanye nabantu ba ka Ish-boshete ka Saule, ba puma eMahanayim, ba ya eGibeyon. 13 Kwa puma uJowabi ka Zeruya, nabantu ba ka Davida ba hlangana nabo nga secibini la seGibeyon; ba hlala pansi, abanye nganeno kwecibi, nabanye ngapesheya kwecibi. 14 UAbneri wa ti ku Jowabi, A ke ku suke izinsizwa, zi qakuzane pambi kwetu. UJowabi wa ti, Ma zi suke. 15 Za se zi suka za wela ngamanani: za ba ishumi nambili eza kwa Benjamin, ezi ka Ish-boshete ka Saule, neshumi nambili ku bantu ba kwa Davida. 16 Ba bambana kwa ba ilowo umngane wake ngekanda, ba gwaza ilowo ngenkemba yake ohlangotini lomngane wake; ba wa kanyekanye: ngakoke leyo ndawo ya bizwa ngokuti iHelekati-hazurim, eli seGibeyon. 17 Ukulwa kwa ba lukuni kakulu nga lolo suku; uAbneri w'ahlulwa, namadoda a kwa Israeli, pambi kwabantu ba ka Davida.

18 A e kona lapo amadodana amatatu ka Zeruya, uJowabi, noAbishayi noAsaheli: uAsaheli wa e nejubane njengensepe ya sendhle. 19 UAsaheli wa m joka uAbneri; ekuhambeni kwake a ka cezukelanga nga kwesokunene na kwesokohlo e landela uAbneri. 20 UAbneri wa s'e bheka emva, wa ti, Nguwe lo, Asaheli na? Wa ti, Yimi. 21 UAbneri wa ti kuye, Cezukela nga kwesokunene noma nga kwesokohlo, u bambe enye yezinsizwa, u tate izikali zayo. Kepa uAsaheli a ka za vuma ukucezuka

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku bulawa uAsaheli. UAbneri u hlubukela ku Davida.

ekumlandeleni. 22 UAbneri wa pinda wa ti ku Asaheli, Cezuka ekungilandeleni: yini ukuba ngi ze ngi ku cekele pansi? ngi ya kumbuka kanjani po uJowabi umfo wenu na? 23 Noko w'ala ukucezuka: ngakoke uAbneri wa m gwaza esiswini ngesidunu somkonto, wa ze wa puma umkonto ngasemva; wa wela kona, wa fela kona lapo: kwa ti bonke aba fika endaweni lapo uAsaheli e wele kona wa fa, b'ema.

24 Kepa uJowabi noAbishayi ba joka uAbneri: ilanga la shona se be fikile egqumeni la seAma, eli ngapambi kweGiya ngendhlela ya sehlane la seGibeyon. 25 Aba kwa Benjamin ba qoqana ba landela uAbneri, ba ba isigaba sinye, b'ema esiqongweni segquma elitile. 26 UAbneri wa s'e memeza uJowabi, wa ti, Inkemba i ya kudhla njalonjalo na? a wazi yini ukuba ko ba umunyu kamuva na? ko za ku be nini po, u nga sho ku bantu ukuba ba buye ekulandeleni abafo wabo na? 27 UJowabi wa ti, E kona uNkulunkulu, noma u bu nga kulumanga, impela kusasa abantu be be ya kwenyuka, ilowo a yeke ukulandela umfo wabo. 28 UJowabi wa shaya icilongo; abantu bonke b'ema, a ba be be sa landela uIsraeli, a ba be be sa lwa futi. 29 UAbneri nabantu bake ba hamba bonke lobo busuku eAraba; ba wela iJordan, ba li hamba lonke ela seBitron, ba fika eMahanayim.

30 UJowabi wa buya ekulandeleni uAbneri: lapo e se ba qoqile bonke abantu, kwa silala ku bantu ba ka Davida amadoda a yishumi nesishiyangalolunye noAsaheli. 31 Kepa abantu ba ka Davida ba be bulele aba kwa Benjamin namadoda ka Abneri, kwa fa aba ngamakulu amatatu namashumi a isitupa. 32 Ba tata uAsaheli, ba m mbela etuneni li ka yise, ela li seBetelehem. UJowabi nabantu bake ba hamba ubusuku bonke, kwa sa be seHebron.

3 Kepa kwa ba kona ukulwa isikati eside pakati kwendhlu ka Saule nendhlu ka Davida: uDavida wa ya ngokuqina njalo, indhlu ka Saule ya ya ngokuncipa njalo.

2 Kwa zalelwa uDavida amadodana eHebron: izibulo lake la ba nguAmnon, ngoAhinowam wa seJezereli; 3 eyesibili nguKiliyabe, ngoAbigali umka Nabali wa seKarmeli; eyesitatu uAbsalom indodana ka Mahaka indodakazi ka Talmayi inkosi ya seGeshuri; 4 eyesine uAdonija indodana ka Hagiti; eyesihlanu uShefatiya indodana ka Abitali; 5 eyesitupa uItreyam, ngoEgla umka Davida. Lawa uDavida wa wa zalelwa eHebron.

6 Kwa ti ku se kona ukulwa pakati kwendhlu ka Saule nendhlu ka Davida uAbneri wa ziqinisa endhlini ka Saule. 7 USaule wa e nesancinza esi gama laso la li nguRizpa ka Aya: uIsh-boshete wa ti ku Abneri, U ngeneleni wena esancinzeni si ka baba na? 8 Wa s'e tukutela uAbneri kakulu ngamazwi ka Ish-boshete, wa ti, Ngi ikanda lenja e ngeya kwa Juda yini? Namhla ng'enza isihau endhlini ka Saule uyihlo, ku bafo wabo, na sezihlotsheni zake, a ngi ku nikezanga esandhleni si ka Davida; noko u ngi tolisa icala namhla nga lo wesifazana. 9 Ma k'enze njalo uNkulunkulu ku Abneri, elekele futi, uma njenga loku uJehova e funge ku Davida, ngi ng'enzi njalo kuye; 10 ukuba ku dhluliswe umbuso endhlini ka Saule, ku miswe isihlalo sobukosi si ka Davida kwa Israeli na kwa Juda, ku suka kwa Dan ku ze ku fike eBeresheba. 11 A ka ba nako ukumpendula uAbneri ngelinye izwi, ngokuba wa e m esaba.

12 UAbneri wa tuma izigijimi ku Davida konalapo e ti, Eli ka bani izwe na? e ti futi, Yenza isivumelwano sako nami, bheka, isandhla sami so ba nawe ukubuyisela kuwe uIsraeli wonke. 13 Wa ti ke, Ku lungile; ngi za kwenza isivumelwano nawe; kodwa into inye engi yi funa kuwe: yokuti, a u soze wa bona ubuso bami, uma u nga qali u lete pambi kwami uMikali indodakazi ka Saule, ekuzeni kwako ukubona ubuso bami.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UAbneri u bulawa uJowabi. U lilelwa uDavida.

14 UDavida wa tuma izigijimi ku Ish-boshete ka Saule, e ti, Ngi nike umkami uMikali, enga m lobola ngamajwabu a ikulu amaFilisti. **15** Wa tumake uIsh-boshete, wa m tata endodeni yake, uPaltiyeli ka Layishe. **16** Indoda yake ya hamba naye, i hamba i kala, i m landela kwa ze kwa ba seBahurim. Wa s'e ti uAbneri kuyo, Buya bo: ya se i buya.

17 UAbneri wa ba nezwi namalunga a kwa Israeli, e ti, Ngezikati ezi pambili na ni funa uDavida ukuba a be inkosi yenu: **18** kwenzenike manje; ngokuba uJehova u kulumile ngoDavida e ti, Ngesandhla senceku yami uDavida ngi ya kusindisa abantu bami uIsraeli esandhleni samaFilisti, na sesandhleni sezita zonke zabo. **19** UAbneri wa kuluma futi ezindhlebeni zamaBenjamin: uAbneri wa ya kokuluma futi ezindhlebeni zi ka Davida eHebron konke okwa ba kuhle emehlweni ka Israeli, na semehlweni endhlu yonke ka Benjamin. **20** Wa fikake uAbneri ku Davida eHebron, e namadoda a ngamashumi amabili. UDavida wa m enzela idili uAbneri na lawo madoda a e naye. **21** UAbneri wa ti ku Davida, Ngi ya kusuka ngi hambe, ngi qoqele enkosini yami, inkosi yezwe, uIsraeli wonke, ukuba enze isivumelwano nawe, ukuba u buse konke ekufisayo inhliziyo yako. UDavida wa m mukisake uAbneri; wa hamba ngokutula.

22 Bheka, kwa fika abantu ba ka Davida be noJowabi be vela empini, ba fika nempango enkulu: kepa uAbneri wa e ngeko noDavida eHebron; ngokuba wa e se m mukisile, wa hamba ngokutula. **23** E se fikile uJowabi nempi yonke eya i naye, ba m tshela uJowabi, ba ti, UAbneri ka Neri u fike enkosini, ya m mukisa, u se hambe ngokutula. **24** UJowabi wa s'e fika enkosini wa ti, Yini loku okwenzileyo? bheka, uAbneri u fike kuwe; u m mukiseleni, wa hamba na? **25** U ya m azi uAbneri ka Neri, ukuba u fike ukukukohlisa, nokwazi ukupuma kwako nokungena kwako, nokwazi konke okwenzayo. **26** UJowabi wa puma qede ku Davida, wa tuma izigijimi ukulandela uAbneri, za m buyisa emtonjeni wa seSira: kepa uDavida wa e nga kwazi loku.

27 UAbneri e se buyele eHebron, uJowabi wa m cezukisela pakati kwesango ukuba a kulume naye ngasese, wa m gwazela kona esiswini, wa fa, ngenxa yegazi li ka Asaheli umfo wabo. **28** Ngasemva, uDavida e se ku zwile, wa ti, ngi msulwa mina nombuso wami pambi ku ka Jehova ku ze ku be nini mayelana negazi li ka Abneri ka Neri: **29** ma li tiwe gidhla pezu kwekanda li ka Jowabi na pezu kwayo yonke indhlu ka yise; ma ku nga puti endhlini ka Jowabi ukuba ku be kona ocucuzayo, n'o nocoko, n'o zimelela ngodondolo, n'owayo ngenkemba, n'o swela ukudhla. **30** UJowabi noAbishayi umfo wabo ba m bulalake uAbneri, ngokuba wa bulala umfo wabo uAsaheli eGibeyon empini.

31 UDavida wa ti ku Jowabi na ku bantu bonke aba be naye, Hxebulani izingubo zenu, ni bince indwangu yamasaka, ni lile pambi ku ka Abneri. UDavida inkosi wa landela uhlaka. **32** Ba m mbela uAbneri eHebron: inkosi ya dazuluka, ya kala etuneni li ka Abneri; ba kala abantu bonke. **33** Inkosi ya lilisela uAbneri, ya ti,

A fe nje uAbneri njengokufa kwesiwula na?

34 Izandhla zako be zi nga boshiwe, izinyawo zako be zi nga fakiwe emakatangweni:

U we wena njengomuntu owayo pambi kwabantu abaxwalileyo.

Ba pinda ba m kalela abantu bonke. **35** Bonke abantu ba ya ku Davida ukumenza a dhle ukudhla ku se semini; kepa uDavida wa funga, wa ti, UNkulunkulu ma k'enze njalo kimi, elekele futi, uma ngi ti mpuya ukudhla, nantoni, li nga ka shoni ilanga. **36** Abantu bonke ba ku qaza loko, kwa ba kuhle emehlweni abo; njengokuba konke okwenziwa inkosi kwa ba kuhle emehlweni abantu bonke. **37** Abantu bonke noIsraeli wonke b'azi

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UDavida u lahla aba bulala uIsh-boshete. U busa izwe lonke.

nga lolo suku ukuti a ku velanga enkosini ukuba uAbneri ka Neri a bulawe. **38** Inkosi ya ti ezincekwini zayo, Ka n'azi yini ukuti ku fe isikulu nomuntu omkulu namhla kwa Israeli? **39** Ngi butakataka namhla, noma ngi gcotshiwe ukuba ngi be inkosi; laba bantu amadodana ka Zeruya ba lukuni kimi: uJehova ma ka vuze o wenza okubi njengobubi bake.

4 Wa t'ukuzwa o ka Saule ukuba uAbneri u file eHebron, izandhla zake za ti yetelele, nabo bonke aba-Israeli ba ba nokupapateka. **2** Indodana ka Saule ya i namadoda amabili a be izinduna zamaviyo: igama lenye la li nguBahana, igama lenye la li nguRekabi, amadodana ka Rimon wa seBeroti laba kwa Benjamin (ngokuba iBeroti li balelwa ku Benjamin: **3** aba seBeroti ba balekela eGitayim, ba te gozololo kona ku ze ku be namhla).

4 Kepake uJonatan ka Saule wa e nendodana eya i unyonga ezinyaweni. Ya i neminyaka e isihlanu ekufikeni kwombiko ngoSaule noJonatan u vela eJezereli; umzanyana wayo wa yi ti hlasi, wa baleka: kwa ti e yayateka, ya wa, ya ba unyonga. Igama layo la li nguMefiboshete.

5 Amadodana ka Rimon wa seBeroti, uRekabi noBahana, ba ya, ba fika ekubaleleni kwemini endhlini ka Ish-boshete, e sa cambalele emini enkulu. **6** Ba ngena kona pakati kwendhlu, kungati ba lande ukolweni; ba m gwaza esiswini: uRekabi noBahana umfo wabo ba baleka. **7** Kwa ti ukungena kwabo endhlini, e lele embedeni ekamelweni lake lokulala, ba m gwaza, ba m bulala, ba m nquma ikanda, ba tata ikanda lake, ba hamba ngendhlela yeAraba ubusuku bonke. **8** Ba yisa ikanda li ka Ish-boshete ku Davida eHebron, ba ti enkosini, Nanti ikanda li ka Ish-boshete ka Saule, isita sako e be si funa ikanda lako; uJehova u pindisele namhla inkosi yami, inkosi yezwe, ku Saule na senzalweni yake. **9** UDavida wa pendula uRekabi noBahana umfo wabo, amadodana ka Rimon wa seBeroti, wa ti kubo, E kona uJehova, o hlenge umpefumulo wami ezinsizini zonke, **10** lapo omunye e ngi tshele e ti, Bheka, uSaule u file, e ti u memezela indaba enhle, nga m' bamba, nga m bulala eZikelage; yiwona umvuzo enga m nika wona ngodaba lwake. **11** Kakulu kangakanani lapo abantu abashingayo be bulele umuntu olungileyo endhlini yake embedeni wake, po, a ngi yi kubiza igazi lake ezandhleni zenu, ngi ni suse nina emhlabeni na? **12** UDavida wa yala izinsizwa zake, za ba bulala, za ba nquma izandhla nezinyawo, za zi panyeka ngasecibini eHebron. Kodwa ba tata ikanda li ka Ish-boshete, ba li mbela etuneni li ka Abneri eHebron.

5 Kwa se ku fika izizwe zonke za kwa Israeli ku Davida eHebron, za kuluma, za ti, Bheka, si itambo lako nenyama yako. **2** Ngesikati esi pambili uSaule e se inkosi kiti, nguwe owa u kipa u ngenise uIsraeli: uJehova wa ti kuwe, Wena u ya kwalusa abantu bami uIsraeli, u be isikulu kwa Israeli. **3** Onke amalunga a kwa Israeli a fika enkosini eHebron; inkosi uDavida y'enza isivumelwano nawo eHebron pambi ku ka Jehova: a m gcoba uDavida a be inkosi kwa Israeli. **4** UDavida wa e neminyaka e ngamashumi amatatu ekuqaleni kwake ukubusa, wa busa iminyaka e ngamashumi amane. **5** Wa busa eHebron kwa Juda iminyaka e isikombisa nezinyanga ezi isitupa; eJerusalem wa busa iminyaka e ngamashumi amatatu nantatu kwa Israeli wonke na kwa Juda.

6 Inkosi nabantu bayo ba ya eJerusalem ukuhlasela amaJebusi, abaki ba lelo zwe, aba kuluma ku Davida ba ti, A u soze wa ngena lapa kupela uma u susa izimpumpute nezinyonga; be ti, uDavida a ka na kungena lapa. **7** Noko, uDavida wa tata inqaba yeZiyon; elona li ngumuzi ka Davida. **8** Wa ti uDavida nga lolo suku, O ya kucita amaJebusi ma ka finyelele emseleni wamanzi, a bulale izinyonga nezimpumpu-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

te, ezi zondwa umpefumulo ka Davida. Ngakoke ba ti, Izimpumpute nezinyonga a zi nga ngeni endhlini. 9 UDavida wa hlala enqabeni, wa yi biza ngokuti umuzi ka Davida. UDavida w'aka inxa zonke ku suka eMilo ku ya ngapakati. 10 UDavida wa ya ngokuya ngokukula; ngoba uJehova uNkulunkulu wamabandhla wa ba naye.

11 UHiram inkosi ya seTire wa tuma izigijimi ku Davida, nemisedare, nababazi bemiti, nababazi bamatshe odonga; b'akela uDavida indhlu. 12 UDavida wa bona ukuba uJehova u m zinzisile a be inkosi kwa Israeli, nokuba u pakamisile umbuso wake ngenxa yabantu bake uIsraeli.

13 UDavida wa zitatela izancinza ezinye nabafazi eJerusalem emva kwokufika kwake e vela eHebron; uDavida wa zalelwa amanye amadodana namadodakazi. 14 Yilawa amagama a labo abazalelwayo eJerusalem: uShamuwa, noShobabi, noNatan, noSolomon, 15 noIbehare, noElishuwa, noNefege, noJafiya, 16 noElishama, noEliyada, noElifelete.

17 A ti amaFilisti ukuzwa ukuba ba m gcobile uDavida a be inkosi kwa Israeli, onke amaFilisti enyuka ukufuna uDavida, uDavida w'ezwa loko, w'ehlela enqabeni. 18 AmaFilisti a e fike a ti shaye esigodini samaRefa. 19 UDavida wa buza ku Jehova, wa ti, Ng'enyuke ngi hlasele amaFilisti na? u ya kuwakapela esandhleni sami na? UJehova wa ti ku Davida, Yenyuka; ngokuba impela ngi ya kukapela nokukapela amaFilisti esandhleni sako. 20 UDavida wa fika eBale-perazim, uDavida wa wa cita kona; wa ti, UJehova u fohlile eziteni zami pambi kwami, njengokufohla kwamanzi. Ngakoke wa qamba igama la leyo ndawo ngokuti iBale-perazim. 21 A shiya izitombe zawo lapo; uDavida nabantu bake ba hamba nazo.

22 AmaFilisti a buya enyuka futi, a ti shaye esigodini samaRefa. 23 Lapo uDavida e buza ku Jehova, wa ti yena, A u yi kwenyuka: wo gwegwesa u ngene ngemva, u wa velele malungana nemijingijolo. 24 Ko ti nxa u su zwa umsindo waba hamba isiceme ezihlokweni zemijingijolo, u su hle u cijeke; ngokuba uJehova u se pume ngapambi kwako ukuba a cite impi yamaFilisti. 25 W'enze njalo uDavida, njengokuyalwa kwake uJehova; wa cita amaFilisti ku suka eGeba ku ze ku fike eGezere.

6 UDavida wa buya wa buta bonke abaketiweyo ba kwa Israeli izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu. 2 W'esuka uDavida, wa hamba nabantu bonke aba be naye, be suka eBale-juda, ukuba b'enyuse kona umpongolo ka Nkulunkulu, o bizwa ngeGama, lona igama li ka Jehova wamabandhla o hlala pezu kwamakerubi. 3 Ba kwelisa umpongolo ka Nkulunkulu engqukumbaneni entsha, ba wu kipa endhlini ka Abinadabe eya i segqumeni: uUza noAhiyo, amadodana ka Abinadabe, ba shayela ingqukumbane leyo entsha. 4 Ba yi tata endhlini ka Abinadabe eya i segqumeni, i nompongolo ka Nkulunkulu: uAhiyo wa hamba ngapambili kwompongolo. 5 UDavida nendhlu yonke ya kwa Israeli ba dhlala pambi ku ka Jehova be nezinto zonke zokuvuma zomuti womfire, be nezinkoka, nezingubu, nezigubu, nobuxaka, nezikencezo.

6 Se be fikile esibuyeni si ka Nakon, uUza wa yisa isandhla empongolweni ka Nkulunkulu, wa wu bamba; ngokuba izinkabi zi kubeka. 7 Ulaka lu ka Jehova lwa se lu m vutela uUza; uNkulunkulu wa m shaya kona ngenxa yesiposiso sake; wa fa kona lapo nga sempongolweni ka Nkulunkulu. 8 UDavida wa kwantabala, ngokuba uJehova wa dumela uUza; wa yi qamba leyo ndawo ngokuti iPerez-uza ku ze ku be namhla. 9 UDavida wa m esaba uJehova nga lolo suku; wa ti, Umpongolo ka Jehova u ya kuza kimina kanjani na? 10 A ka vumangake uDavida ukususa umpongolo ka Jehova ukuba u ye ku yena emzini ka Davida, kodwa uDavida wa wu cezukisela endhlini

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UDavida u ya sina pambi kwompongolo. U ti u zo kwaka itempeli.

ka Obede-edom umGiti. 11 Umpongolo ka Jehova wa hlala endhlini ka Obede-edom umGiti izinyanga ezintatu: uJehova wa m busisa uObede-edom, nayo yonke indhlu yake.

12 Kwa se ku bikwa enkosini uDavida ukuti, UJehova u busisile indhlu ka Obede-edom, nako konke okwake, ngenxa yompongolo ka Nkulunkulu. UDavida wa ya, w'enyusa umpongolo ka Nkulunkulu endhlini ka Obede-edom, wa wu yisa emzini ka Davida e tokoza. 13 Kwa ku ti aba twala umpongolo se be hambile izinyatelo ezi isitupa, a hlabe inkomo netole elikulupalisiweyo. 14 UDavida wa sina pambi ku ka Jehova ngamandhla onke ake; uDavida wa e bince iefodi lelineni. 15 UDavida nendhlu yonke ka Israeli ba w'enyusake umpongolo ka Jehova ngokuhlokoma, na ngokukala kwecilongo.

16 Kwa t'ubake u ngene umpongolo ka Jehova emzini ka Davida, uMikali indodakazi ka Saule wa lunguza esibukweni, wa bona inkosi uDavida i gqibita, i sina pambi ku ka Jehova; wa yi delela enhliziyweni yake. 17 Ba ngenisa umpongolo ka Jehova, ba wu beka endaweni yawo, ngapakati kwetente uDavida a e li misele wona; uDavida wa nikela iminikelo eshiswayo neminikelo yokutula pambi ku ka Jehova, 18 UDavida e se qedile ukunikela umnikelo oshiswayo neminikelo yokutula, wa busisa abantu egameni li ka Jehova wamabandhla. 19 Wa b'abela bonke abantu esixukwini sonke sa kwa Israeli owesilisa nowesifazana kwa ilowo iqebelengwana lesinkwa, nesicubi senyama, nesicaba samavini omileyo. Abantu bonke b'emukake ba ya kwa ilowo endhlini yake.

20 Wa s'e buyela uDavida ukubusisa abendhlu yake. UMikali ka Saule wa puma ukuhlangabeza uDavida, wa ti, Yeka ukutuswa kwenkosi ya kwa Israeli namhla, e z'ambule namhla emehlweni ezincekukazi zezinceku zayo, njengomunye wamayiyane e z'ambula nokuzambula! 21 UDavida wa s'e ti ku Mikali, Be ngi kwenza pambi ku ka Jehova, owa ngi keta mina ngapezu ku ka yihlo, na ngapezu kwendhlu yake yonke, ukuba a ngi mise ngi be isikulu ku bantu ba ka Jehova, ku Israeli: ngakoke ngi ya kudhlala pambi ku ka Jehova. 22 Ngi sa ya kuzenza imbuqa kuna loku, ngi tobiseke emehlweni ami: kodwa izincekukazi o kulume ngazo, ngi ya kutuswa yizo. 23 UMikali ka Saule ka zalanga mntwana kwa za kwa ba usuku lokufa kwake.

7 Kwa ti lapo inkosi i si hlala endhlini yayo, uJehova e se yi pumuzile eziteni zonke zayo inxa zonke, 2 ya ti inkosi ku Natan umprofeti, A k'u bheke, ngi hlala endhlini yemisedare, mina, kodwa umpongolo ka Nkulunkulu u hlala ngapakati kwezisitezo. 3 Wa ti uNatan enkosini, Hamba, wenze konke oku senhliziyweni yako; ngokuba uJehova u nawe. 4 Kwa ti nga lobo busuku, izwi li ka Jehova la fika ku Natan, li ti, 5 Hamba, u tshele inceku yami uDavida ukuti, U ti uJehova, U ya kungakela indhlu ukuba ngi hlale kuyo na? 6 ngokuba a ngi hlalanga ndhlini ku sukela osukwini eng'enyusa ngalo aba kwa Israeli Egipite ku ze ku be namhla, kepa be ngi yiloku ngi hambahamba etenteni na setabanekeleni. 7 Kuzo zonke izindawo engi hambahambe kuzo nabo bonke aba kwa Israeli, nga ke nga kuluma izwi na ku sipi isizwe sa kwa Israeli enga si yala ukuba s'aluse abantu bami uIsraeli, ngi ti, A ni ng'akelanga ngani indhlu yemisedare? 8 Kalokuke wo ti encekwini yami uDavida, U ti uJehova wamabandhla, Nga ku tabata esibayeni sezimvu, na sekulandeleni izimvu, ukuba u be isikulu ku bantu bami, ku Israeli; 9 be ngi nawe kuko konke ukuhamba kwako, nga nquma zonke izita zako pambi kwako; ngi zo kwenzela igama elikulu, njengegama labakulu aba semhlabeni. 10 Ngi ya kumisela abantu bami uIsraeli indawo, ngi ba tshale, ukuba ba hlale endaweni yabo, ba nga be be sa xobiswa,

Digitized by Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umtandazo ka Davida. Ukunqoba kwake amazwe.

ba nga be be sa hlutshwa abantu abaxwalileyo njenga kuqala, 11 ku sukela osukwini enga misa ngalo abahluli ukuba ba pate abantu bami uIsraeli; ngo ku pumuza kuzo zonke izita zako. Futi uJehova u ya ku tshela ukuti uJehova u ya kukwenzela indhlu. 12 Lapo izinsuku zako se zi pelele, u su lele na oyihlo, ngi ya kumisa emva kwako inzalo yako, e ya kupuma ezibilinini zako, ngi zinzise umbuso wayo. 13 Yiyona e ya kulakela igama lami indhlu, ngi ya kuqinisa isihlalo sobukosi sombuso wayo ku ze ku be nini. 14 Ngi ya kuba uyise, yona i be indodana yami: uma yenza okubi, ngi ya kuyishaya ngenduku yobuntu, na ngemivimbo yabantwana babantu; 15 kodwa isihau sami a si yi kusuka kuyo, njengokusisusa kwami ku Saule, enga m susa ngapambi kwako. 16 Indhlu yako nombuso wako u ya kuqiniswa ku ze ku be nini ngapambi kwako: isihlalo sako sobukosi si zinziswe ku ze ku be nini. 17 Njengawo onke lawa mazwi, na njengawo wonke lo mbono, uNatan wa kuluma kanjalo ku Davida.

18 Wa s'e ngena uDavida inkosi, wa hlala pambi ku ka Jehova; wa ti, Ngi ngubani mina, Nkosi Jehova, nendhlu yami i yini, ukuba u ngi lete ku ze ku be lapa? 19 Na loku kwa ku se yinto encane emehlweni ako, Nkosi Jehova; kepa u kulumile futi ngendhlu yenceku yako ngoku se kude; wenze loku njengomkuba wabantu, Nkosi Jehova! 20 UDavida a ng'elekela ngokutini futi kuwe na? ngoba u ya y'azi inceku yako, Nkosi Jehova. 21 Ngenxa yezwi lako, na ngokwenhliziyo yako, wenzile bonke lobu bukulu, wenze ukuba i b'azi, inceku yako. 22 Ngakoke wena u mkulu, Jehova Nkulunkulu; ngoba a kako o njengawe, a kuko Nkulunkulu ngapandhle kwako, njengako konke esikuzwileyo ngezindhlebe zetu. 23 Yisipi isizwe nesi sodwa emhlabeni esi njengabantu bako, njengoIsraeli, uNkulunkulu a ya ukuzihlengela bona ba be abantu, nokuba a z'enzele igama, a n'enzele izinto ezinkulu, nezesabekayo ngenxa yezwe lako, pambi kwabantu bako, owa zihlengela bona Egipite, ezizweni na konkulunkulu bazo? 24 Wa ziqinisela abantu bako uIsraeli ukuba ba be abantu kuwe ku ze ku be nini; wena Jehova, wa ba uNkulunkulu wabo. 25 Kalokuke, Jehova Nkulunkulu, izwi olikulumileyo ngenceku yako, nendhlu yayo, li mise ku ze ku be nini, wenze njengokusho kwako. 26 Igama lako ma li kuliswe ku ze ku be nini, ku tiwe, UJehova wamabandhla u nguNkulunkulu ka Israeli; indhlu yenceku yako uDavida i ya kuqiniswa pambi kwako. 27 Ngokuba wena, Jehova wamabandhla, uNkulunkulu ka Israeli, wambule encekwini yako, wa ti, Ngi ya kukwakela indhlu: ngakoke inceku yako i fumanisile enhliziyweni yayo ukutandaza lo mtandazo kuwe. 28 Kalokuke, Nkosi Jehova, u nguNkulunkulu, amazwi ako a iqiniso. U tembisile loku okuhle encekwini yako: 29 kalokuke ma ku be kuhle kuwe ukubusisa indhlu yenceku yako, ukuba i be kona ku ze ku be nini pambi kwako; ngokuba wena, Nkosi Jehova, u ku kulumile: ngesibusiso sako indhlu yenceku yako ma i busiswe ku ze ku be nini.

8 Kwa ti ngasemva kwa loku, uDavida wa cita amaFilisti, wa wa vova: uDavida wa tata itomu lomuzi o inzalamizi esandhleni sama-Filisti.

2 Wa cita uMoabe, wa ba linganisa ngentambo, wa ba lalisa pansi; wa linganisa izintambo ezimbili zokubulala, nenye epeleleyo yokusindisa. AmaMoabe a ba abakonzi ku Davida, a leta intela.

3 UDavida wa cita futi uHadadezere ka Rehobe, inkosi ya seZoba, e sa ya kobuyisa umbuso wake eMfuleni. 4 UDavida wa tata kuye abakwel'amahashi aba inkulungwane namakulu a isikombisa, naba hamba pansi izinkulungwane ezi ngamashumi amabili: uDavida wa wa nquma imisipa onke amahashi ezinqolana zempi, kepa wa shiya kuwo awezi-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Isipo si ka Toyi. UDavida u pata uMefiboshete ngesihau.

nqolana ezi ikulu. 5 Kwa t'uba amaSiriya a seDamaseku eze ukusiza uHadadezere inkosi ya seZoba, uDavida wa bulala abantu aba izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nambili ku maSiriya. 6 UDavida wa se aka amakanda eSiriya la seDamaseku; amaSiriya a ba abakonzi ku Davida, a leta intela. UJehova wa m nqobisa uDavida kuko konke ukuhamba kwake. 7 UDavida wa tata izihlangu zegolide eza zi sezincekwini zi ka Hadadezere, wa zi leta eJerusalem. 8 Na seBeta na seBerotayi, imizi ka Hadadezere, inkosi uDavida ya tata itusi eliningi kakulu.

9 Wa ti uToyi inkosi ya seHamati ukuzwa ukuti uDavida u citile yonke impi ka Hadadezere, 10 uToyi wa s'e tuma uJoram indodana yake enkosini uDavida ukumbingelela, nokumbusisa, ngokuba wa e lwe noHadadezere wa m cita: ngokuba uHadadezere wa e loku e lwa noToyi. Esandhleni si ka Joram kwa ku kona izitsha zesiliva, nezitsha zegolide, nezitsha zetusi: 11 lezi futi inkosi uDavida ya zi ngcwelisela uJehova, kanye nesiliva negolide alingcwelisayo ela vela kuzo zonke izizwe a e z'ahlulile; 12 eSiriya, na kwa Moabe, na kwa Amon, na kwelamaFilisti, na kwa Amaleki, na sempangweni ka Hadadezere ka Rehobe, inkosi ya seZoba.

13 UDavida wa z'enzela igama ekubuyeni kwake e se cite amaSiriya eMhosheni ka Saoti, e ngabantu aba izinkulungwane ezi ishumi nesishiyangalombili. 14 W'aka amakanda eEdom; na kulo lonke la kwa Edom w'aka amakanda, onke amaEdom a ba abakonzi ku Davida. UJehova wa m nqobisa uDavida kuko konke ukuhamba kwake.

15 UDavida wa busa uIsraeli wonke; uDavida wahlulela kahle wenza okulungileyo ku bantu bonke bake. 16 UJowabi ka Zeruya wa e pete impi; uJehoshafati ka Ahiludi wa e umlobi wezindaba; 17 UZadoki ka Ahitubi, noAhimeleki ka Abiyatare, ba be ngabapristi; uSeraya wa e umbhali; 18 uBenaya ka Jehoyada wa e pete amaKereti namaPeleti; amadodana ka Davida a be izikonzi ezikulu.

9 UDavida wa ti, Ku se kona nje oseleyo endhlini ka Saule, ukuba ngi m enzele isihau ngenxa ka Jonatan na? 2 Kwa ku kona owendhlu ka Saule, inceku e gama layo li nguZiba; ba m bizela ku Davida; inkosi ya ti kuye, U nguZiba wena na? Wa ti, Inceku yako i nguye. 3 Ya ti inkosi, a ku seko noyedwa wendhlu ka Saule, ukuba ngi m enzele isihau si ka Nkulunkulu na? UZiba wa ti enkosini, I se kona indodana ka Jonatan, e unyonga ezinyaweni zayo. 4 Inkosi ya ti kuye, Ipi na? UZiba wa ti enkosini, Bheka, i sendhlini ka Makiri ka Amiyeli, eLodebare. 5 Inkosi uDavida ya se i tuma, ya m landa endhlini ka Makiri ka Amiyeli, eLodebare. 6 UMefiboshete, ka Jonatan, ka Saule, wa fika ku Davida, wa ti mbo ngobuso pansi, wa kuleka. UDavida wa ti, Mefiboshete. Wa ti, Nansi inceku yako! 7 Wa ti kuye uDavida, Mus'ukwesaba; ngokuba impela ngi ya kukwenzela isihau ngenxa ka Jonatan uyihlo, ngi buyisele kuwe izwe lonke li ka Saule uyihlo; u ya kudhla ukudhla etafuleni lami njalonjalo. 8 Wa kuleka wa ti, I yini inceku yako, ukuba u bheke inja efileyo njengami na?

9 Inkosi ya se i biza uZiba, umfana wa kwa Saule, ya ti kuye, Se ngi nike indodana yenkosi yako konke okwa ku oku ka Saule nokwendhlu yake yonke. 10 Wena namadodana ako nezigqili zako ni ya kumlimela umhlabati; u ya kungenisa izitelo, ukuze i be nokudhla indodana yenkosi yako i dhle: kepa uMefiboshete indodana yenkosi yako u ya kudhla ukudhla njalonjalo etafuleni lami. UZiba wa e namadodana a ishumi nesihlanu nezigqili ezi ngamashumi amabili. 11 UZiba wa s'e ti enkosini, Njengako konke inkosi yami, inkosi yezwe, e yale ngako inceku yayo i ya kwenze njalo inceku yako. Kepake (se ku sho inkosi), uMefibo-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UHanun u dhlala ngezigijimi zi ka Davida. Ku citwa namaSiriya.

shete u ya kudhla etafuleni lami, njengenye yamadodana enkosi. 12 UMefiboshete wa e nendodana encinyane, igama layo li nguMika. Bonke aba be hlala endhlini ka Ziba ba be izigqili zi ka Mefiboshete. 13 UMefiboshete wa hlala eJerusalem; ngokuba wa dhla njalonjalo etafuleni lenkosi. Wa e unyonga ezinyaweni zake zombili.

10 Kwa ti emva kwa loku kwa fa inkosi yaba kwa Amon; uHanun indodana yayo wa busa esikundhleni sayo. 2 UDavida wa ti, Ngi ya kumenzela isihau uHanun ka Nahashi, njengaloku uyise wa ng'enzela isihau. UDavida wa tumela ngezinceku zake ukumkuza ngoyise. Izinceku zi ka Davida za fikake ezweni laba kwa Amon. 3 Kepa izikulu zaba kwa Amon za ti ku Hanun inkosi yazo, Imbala, ngokubona kwako uDavida u tusa uyihlo ngokutumela abakuzi kuwe na? uDavida a tumanga izinceku zake kuwe ukuba a pendhle umuzi, a wu hlole, a wu cite na? 4 UHanun wa s'e tabata izinceku zi ka Davida, wa pucula inxenye yezilevu zazo, wa zi hina izingubo zazo za ti gamanxa kwa ze kwa ba sezinqeni, wa zi mukisa. 5 Wa ti ukutshelwa loku uDavida, wa tuma ukuzihlangabeza; ngokuba amadoda a be namahloni kakulu. Inkosi ya ti, Hlalani eJeriko ku ze ku hlume izilevu zenu, be se ni ya buya.

6 Ba ti aba kwa Amon ukubona ukuti ba ya nuka ku Davida, aba kwa Amon ba tuma ba tola ngemali amaSiriya a seBete-rehobe, namaSiriya a seZoba, aba hamba pansi ba ba izinkulungwane ezi ngamashumi amabili, nenkosi ya seMahaka nabantu aba inkulungwane, naba kwa Tobe abantu aba izinkulungwane ezi ishumi nambili. 7 Wa ti ukuzwa loko uDavida, wa tuma uJowabi, nempi yonke yeziqwaga. 8 Aba kwa Amon ba puma, ba hlela impi entubeni yesango: amaSiriya a seZoba nawa seRehobe, nabantu ba seTobe neMahaka, ba be bodwa endhle.

9 Kwa t'uba uJowabi a bone ukuba impi i bhekene naye ngapambili na ngasemva, wa keta ku madoda onke aketiweyo a kwa Israeli, wa wa hlela ukuhlangabezana namaSiriya: 10 abantu abaseleyo wa ba beka esandhleni si ka Abishayi umfo wabo; wa ba hlela ukuhlangabezana naba kwa Amon. 11 Wa ti, Uma amaSiriya e ng'ahlula, wena u ya kungipeleka; kodwa uma aba kwa Amon be kwahlula wena, ngi ya kufika ngi ku peleke. 12 Qinani, ma si ziqinise ngenxa yabantu ba kiti, na ngenxa yemizi ka Nkulunkulu wetu: uJehova a kenze okuhle emehlweni ake. 13 UJowabi nabantu aba be naye ba sondela ukulwa namaSiriya: a baleka pambi kwake. 14 Ba ti aba kwa Amon ukubona ukuba amaSiriya a balekile, ba baleka nabo pambi ku ka Abishayi, ba ngena emzini. UJowabi wa s'e buya kwaba kwa Amon, wa fika eJerusalem.

15 A ti amaSiriya ukubona ukuba a zangekile pambi ku ka Israeli, a butana ndawonye. 16 UHadarezere wa tumela, wa kipa amaSiriya a e ngapesheya kwoMfula: a fika eHelam, uShobaki induna yempi ka Hadarezere e pambi kwawo. 17 Kwa bikwa ku Davida; wa buta uIsraeli wonke, wa wela iJordan, wa fika eHelam. AmaSiriya a zihlela ukuhlangabezana noDavida, a lwa naye. 18 AmaSiriya a baleka pambi ku ka Israeli; uDavida wa bulala ku maSiriya abantu bezinqolana zempi ezi ngamakulu a isikombisa, nabakwel'amahashi aba izinkulungwane ezi ngamashumi amane, wa m genca uShobaki induna yempi yawo, wa fela kona lapo. 19 A ti amakosi onke a e izinceku zi ka Hadarezere ukubona ukuba a zangekile pambi ku ka Israeli, a telelana amanzi noIsraeli, a ba konza. AmaSiriya esaba ukupeleka aba kwa Amon futi.

11 Kwa ti ekutwaseni kwomnyaka, ngesikati amakosi a puma impi ngaso, uDavida wa tuma uJowabi, nezinceku zake kanye naye, naba kwa Israeli bonke; ba cita aba

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Isono si ka Davida ngomka Uriya.

kwa Amon, ba vimbezela iRaba. Kepa uDavida wa hlala eJerusalem.

2 Kwa ti ngesikati sokuhlwa, uDavida wa vuka ocansini lwake, wa hamba opahleni lwendhlu yenkosi: e sopahleni wa bona owesifazana e geza; owesifazana wa e muhle kakulu e bukeka. 3 UDavida wa tumela wa buza owesifazana. Kwa tiwa, Imbala lo ka siye uBatsheba ka Eliyam, umka Uriya umHiti na? 4 UDavida wa tuma izigijimi, wa m tata; wa ngena kuye, wa lala naye (ngokuba wa e ngcwelisiwe ekungcoleni kwake); wa s'e buyela endhlini yake. 5 Owesifazana wa kulelwa; wa tumela wa m tshela uDavida, wa ti, Ngi kulelwe.

6 UDavida wa tumela ku Jowabi wa ti, Tumela kimi Uriya umHiti. UJowabi wa s'e tuma uUriya ku Davida. 7 UUriya e se fikile kuye, uDavida wa buza ukuba uJowabi u njani nabantu ukuba ba njani, nempi ukuba i hamba kanjani. 8 UDavida wa ti ku Uriya, Yehlela endhlini yako, u geze izinyawo zako. Wa pumake uUriya endhlini yenkosi, wa landelwa isabelo sokudhla esi vela enkosini. 9 Kepake uUriya wa lala emnyango wendhlu yenkosi kanye nezinceku zonke zenkosi yake, a k'ehlelanga endhlini yake. 10 La se e tsheliwe uDavida ukuti, uUriya a k'ehlelanga endhlini yake, uDavida wa ti ku Uriya, A u veli ekuhambeni yini? a wehlelanga ngani endhlini yako? 11 UUriya wa ti ku Davida, Umpongolo, noIsraeli, noJuda, ba hlezi emadokodweni; nenkosi yami uJowabi, nezinceku zenkosi yami, zi ngenise obala endhle; poke, ngi zo kuya endhlini yami, ukudhla nokupuza, nokulala nomkami na? U kona wena, u kona nompefumulo wako, a ngi yi kuyenza le nto. 12 UDavida wa ti ku Uriya, Hlala lapa na namhla, ngomuso ngi ya kukumukisa. UUriya wa hlalake eJerusalem nga lolo suku, na nga ngomso futi. 13 E se menyiwe uDavida, wa dhla, wa puza pambi kwake; wa m dakisa: kusihlwa wa puma ukuyolala ocansini lwake kanye nezinceku zenkosi yake, a k'ehlelanga endhlini yake kodwa.

14 Kwa ti ke kusasa, uDavida wa loba incwadi i ya ku Jowabi, wa yi tumela ngesandhla si ka Uriya. 15 Wa loba encwadini wa ti, Yisani uUriya pambili malungana nokulwa okushisayo, ni kumuke kuye, ukuze a gwazwe a fe. 16 Kwa ti uJowabi e hlozinge umuzi, wa m misa uUriya endaweni lapo azi ukuti ku kona amaqawe. 17 Amadoda omuzi a puma a lwa noJowabi: kwa wa abanye abantu, izinceku zi ka Davida; uUriya umHiti wa fa naye. 18 Wa s'e tuma uJowabi wa tshela uDavida zonke izindaba zempi; 19 wa yala isigijimi, wa ti, Lapo u su qedile ukuyitshela inkosi zonke izindaba zempi, 20 ko ti, nxa lu vuka ulaka lwenkosi, i ti kuwe, Ni sondeleleni kangaka emzini ukulwa na? be ni ng'azi yini ukuba ba ya kunicibishela be sogangeni na? 21 uAbimeleki ka Jerubeshete wa bulawa ubani na? angiti owesifazana owa e sogangeni wa m ponsa ngembokondwe, wa fa eTebeze na? ni sondeleleni ogangeni na? u b'u su ti, Inceku yako uUriya umHiti i file nayo.

22 Isigijimi sa hambake, sa fika sa m tshela uDavida konke esa si ku tunywe uJowabi. 23 Isigijimi sa ti ku Davida, Amadoda a si dhlangele, a pumela kitina endhle, sa tana halakaqa nawo sa za sa fikisana entubeni yesango. 24 Abacibisheli ba cibishela izinceku zako be sogangeni; ezinye izinceku zenkosi zi file, nenceku yako uUriya umHiti i file nayo. 25 Wa s'e ti uDavida esigijimini, Wo ti wena ku Jowabi, Le nto ma i nga bimbi emehlweni ako, ngokuba inkemba i dhla omunye njengomunye; qinisa impi yako nga semzini, u wu dilize: u m qiniseke.

26 Wa ti umka Uriya ukuzwa ukuba uUriya indoda yake u file, wa lilela indoda yake. 27 Kwa ti se si pelile isililo, uDavida wa tumela wa m leta endhlini yake, wa ba umkake, wa m zalela indodana. Kodwa into

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ey'enziwa uDavida ya imbi emehlweni ka Jehova.

12 UJehova wa tuma uNatan ku Davida. Wa fika kuye wa ti kuye, Kwa ku kona abantu ababili emzini munye; omunye e cebile, omunye e mpofu. **2** Ocebileyo wa e nezimvu nezinkomo eziningi kakulu; **3** ompofu wa e nge na luto, kupela ixukazana li linye elincane, a li tengile, wa l'ondhla: la kulela kuye kanye nabantwana bake; la dhla umtamo wake, la puza endebeni yake, la lala esifubeni sake, la li njengendodakazi kuye. **4** Kwa fika isihambi ku lowo muntu ocebileyo, wa yeka ukutata ezimvwini zake na sezinkomeni zake ukulungisela leso sihambi esi fike kuye, wa tata ixukazana lomuntu ompofu, wa li lungisela umuntu o fike kuye. **5** Ulaka lu ka Davida lwa vuta kakulu nga lowo muntu; wa ti ku Natan, E kona uJehova, umuntu o wenze loku u ngowokufa: **6** u za kukoka ixukazana li pindwe kane, ngokuba w'enze le nto, na ngokuba e nga banga na bubele.

7 UNatan wa s'e ti ku Davida Nguwe lowo muntu. U ti uJehova, uNkulunkulu ka Israeli, Nga ku gcoba u be inkosi kwa Israeli, nga k'opula esandhleni si ka Saule; **8** nga ku nika indhlu yenkosi yako, nabafazi benkosi yako esifubeni sako, nga ku nika indhlu ya kwa Israeli n'eya kwa Juda; uma be ku kuncane loko, be ngi ya kwelekela kuwe okunje nokunje. **9** Ku ya ngani ukuba u delele izwi li ka Jehova, wenza okubi emehlweni ake? u galele uUriya umHiti ngenkemba, wa tata umkake a be umkako, wa m bulala ngenkemba yaba kwa Amon. **10** Kalokuke inkemba a i soze ya suka endhlini yako, ngokuba u ngi delele, wa tata umka Uriya umHiti a be umkako. **11** U ti uJehova, Bheka, ngi ya kukuvusela ububi bu vela endhlini yako; ngi ya kutata abafazi bako emehlweni ako, ngi ba nike umakelwane wako, a lale nabafazi bako ekukanyeni kwa leli langa. **12** Ngoba wena u kwenze loku ngasese: kepa mina ngi ya kuyenza le nto pambi ku ka Israeli wonke, na pambi kwelanga. **13** UDavida wa ti ku Natan, Ng'onile ku Jehova. UNatan wa ti ku Davida, UJehova u gudhluzile isono sako; a u yi kufa. **14** Nokoke ngokuba nga loku kwenza wenze ukuba izita zi ka Jehova zi cekefule, umntwana omzalelwayo u ya kufa nokufa. **15** UNatan wa hambake, wa ya endhlini yake.

UJehova wa m shaya ngesifo umntwana owa zalwa uDavida ku mka Uriya, wa gula kakulu. **16** Ngakoke uDavida wa ncenga uNkulunkulu ngenxa yomntwana; uDavida wa zila ukudhla, wa ngena wa lala emhlabatini ubusuku bonke. **17** Amalunga endhlu yake a suka ema nga kuye ukumvusa emhlabatini: kodwa a ka vumanga, futi a ka dhlanga kudhla kanye nawo. **18** Kwa ti ngosuku lwesikombisa umntwana wa fa. Izinceku zi ka Davida z'esaba ukumtshela ukuti umntwana u se file; ngoba za ti, Bhekani, umntwana e s'ezwa sa kuluma kuye, a ka lalelanga izwi letu: po, u ya kuzikataza kangakanani uma si m tshela ukuti umntwana u se file na! **19** Kepa wa ti uDavida ukubona ukuti izinceku zake zi ya nyenyezelana, uDavida wa qonda ukuti u se file umntwana; uDavida wa ti ezincekwini zake, U se file umntwana na? Za ti, U se file. **20** Wa s'e vuka uDavida emhlabatini, wa geza, wa zigcoba, wa pendulela ngezinye izingubo; wa ngena endhlini ka Jehova, wa kuleka: wa s'e fika kweyake indhlu; lapo e se ku bizile, ba beka ukudhla pambi kwake, wa dhla. **21** Za se zi ti izinceku zake kuye, Intoni le oyenzileyo na? u zile ukudhla wa kala ngenxa yomntwana e se kona; kodwa lapo e se file umntwana, u vuke wa dhla ukudhla. **22** Wa ti, Umntwana e se kona, ngi zile ukudhla, nga kala: ngoba ngi te, Ubani owaziyo ingabe uJehova u ya kuba nomusa kimi ukuba umntwana a pile na? **23** Kaloku nje e se file yena, ngi ya kuzilelani ukudhla na? ngi nga m buyisa yini? Mina ngi ya kuya ku

Digitized by
Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

yena, kepa yena ka soze a buyele kimi.

24 UDavida wa duduza uBatsheba umkake, wa ya kuye, wa lala naye: wa zala indodana, wa qamba igama layo ngokuti uSolomon. UJehova wa m tanda; **25** wa tuma ngesandhla si ka Natan umprofeti; wa qamba igama layo ngokuti uJedidiya, ngenxa ka Jehova.

26 UJowabi wa lwa neRaba laba kwa Amon, wa dhla umuzi wa kwomkulu. **27** UJowabi wa tuma izigijimi ku Davida, wa ti, Ngi lwe neRaba, yebo, nga tata umuzi wamanzi. **28** Kalokuke buta abantu abaseleyo, u wu pakele impi umuzi, u wu tate; funa ngi wu tate umuzi u bizwe ngegama lami. **29** UDavida wa buta abantu bonke, wa ya eRaba, wa lwa nalo, wa li dhla. **30** Wa susa umqele wenkosi yabo ekanda layo; ukusinda kwawo kwa ku italenta legolide, wa u namatshe anqabileyo; wa bekwa ekanda li ka Davida. Wa kipa impango emzini, eningi kakulu. **31** Wa kipa futi abantu aba be kuwo, wa ba beka pansi kwamasaha, na ngapansi kwezibhuqo zensimbi, na ngapansi kwamazembe ensimbi, wa ba dabulisa ku honela wesitini: w'enze njalo emizini yonke yaba kwa Amon. UDavida nabantu bonke ba buyelake eJerusalem.

13 Kwa ti emva kwa loku, uAbsalom ka Davida e nodade wabo omuhle, o gama lake li nguTamare; uAmnon ka Davida wa m tanda. **2** UAmnon wa yilayileka wa za wa gula ngenxa ka dade wabo uTamare, ngokuba wa e intombi; kwa ku lukuni ku Amnon ukuba enze uto kuye. **3** Kepa uAmnon wa e nesihlobo esi gama laso li nguJonadabi ka Shimeha, umfo wabo ka Davida: uJonadabi wa e umuntu o iqili kakulu. **4** Wa ti kuye, Ku ya ngani ukuba wena, ndodana yenkosi, u zace kanje izinsuku ngezinsuku? u nge ngi tshele na? Wa ti uAmnon kuye, Ngi tanda uTamare udade wabo ka Absalom umfo wetu. **5** Wa s'e ti kuye uJonadabi, Lala ocansini lwako, u zishaye ogulayo: ko ti nxa uyihlo eza ukukubona u ti kuye, Ma k'eze udade wetu uTamare, a ngi pe ukudhla, a lungise ukudhla emehlweni ami, ukuba ngi ku bone, ngi ku dhle esandhleni sake. **6** UAmnon wa lalake, wa zishaya ogulayo: kwa t'uba inkosi i ze kumbona, uAmnon wa ti enkosini, Ma k'eze uTamare udade wetu, a ng'enzele amaqebelengwana amabili emehlweni ami ukuba ngi wa dhle esandhleni sake.

7 UDavida wa s'e tumela ekaya ku Tamare, wa ti, A ke u ye endhlini ka Amnon umne wenu, u m lungisele ukudhla. **8** Wa ya-ke uTamare endhlini ka Amnon umne wabo; wa e lele pansi. Wa s'e tata inhlama wa yi xova, w'enza amaqebelengwana emehlweni ake, wa wa peka amaqebelengwana. **9** Wa s'e tata ipani wa wa tulula pambi kwake; kepa w'ala ukudhla. Wa ti uAmnon, Kipani bonke abantu kimi. Kwa se ku puma abantu bonke kuye. **10** Wa s'e ti uAmnon ku Tamare, Ku lete ekamelweni ukudhla, ukuba ngi dhle esandhleni sako. UTamare wa wa tatake amaqebelengwana awenzileyo, wa wa yisa ekamelweni ku Amnon umne wabo. **11** Wa ti ukuwasondeza kuye ukuba a dhle, wa m bamba, wa ti kuye, Woza u lale nami, dade wetu. **12** Wa ti kuye, Hayi, mne wetu, musa ukungipoqa; ngokuba a ku fanele ukuba kwenziwe into enje kwa Israeli: musa ukwenza lobu buwula. **13** Mina, ngi ya kuya ngapi nesihlamba sami na? nawe, u ya kuba njengomunye weziwula kwa Israeli. A ke u kulume enkosini; a i yi kukunqabela nami. **14** Noko ka ze a vuma ukulalela izwi lake; wa m ahlula, wa m poqa, wa lala naye.

15 UAmnon wa s'e m zonda ngenzondo enkulu kakulu; inzondo a m zonda ngayo ya ba nkulu kunotando a e kade e m tanda ngalo. UAmnon wa ti kuye, Suka, u hambe. **16** Wa s'e ti kuye, Ayi bo, ngokuba lobu bubi obukulu bokungimukisa bu kulu kunobunye o b'enze kimi. Kepa a ka vumanga uku-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UAbsalom u bulala uAmnon. U balekela eGeshuri.

mlalela. **17** Wa s'e biza umfana omkonzayo, wa ti, Kipa lowesifazana kimi, u m yise pandhle, u hlutulele umnyango emva kwake. **18** Wa e gqoke ingubo e mabalabala; ngokuba amadodakazi enkosi a izintombi a be ambata izingubo ezinje. Isikonzi sake sa se si m kipela pandhle, sa hlutulela umnyango emva kwake. **19** UTamare wa zitela ngomlota ekanda, wa hxebula ingubo yake a e yi fakile e mabalabala; wa twala izandhla ekanda, wa hamba, e hamba e mbongoza.

20 UAbsalom umne wabo wa ti kuye, UAmnon umne wenu kade e nawe yini na? tulake, dade wetu: u ngumne wenu yena; u nga beki inhliziyo yako ku le nto. UTamare wa hlala e isikwebu endhlini ka Absalom umne wabo. **21** Ya ti inkosi uDavida ukuzwa zonke lezi zinto, ya tukutela kakulu. **22** UAbsalom a ka kulumanga okuhle nokubi ku Amnon umfo wabo; ngoba uAbsalom wa zonda uAmnon ngokuba wa e poqe udade wabo.

23 Kwa ti emva kweminyaka emibili epeleleyo, uAbsalom wa e nabagundi bezimvu eBale-hazore, eli nga seEfrayim: uAbsalom wa mema onke amadodana enkosi. **24** UAbsalom wa fika enkosini, wa ti, Bhekake, inceku yako i nabagundi; ma i hambe inkosi nezinceku zayo kanye nenceku yako. **25** Inkosi ya ti ku Absalom, Ayi, ndodana yami, ma si nga hambi sonke, funa si be umtwalo kuwe. Wa yi cindezela; noko a i vumanga ukuhamba, kodwa ya m busisa. **26** Wa s'e ti uAbsalom, Uma ku nge njalo, ma ka hambe nati umfo wetu uAmnon. Ya ti inkosi kuye, U zo hambelani nawe na? **27** Kodwa uAbsalom wa yi cindezela, ya vumake ukuba uAmnon namadodana onke enkosi a hambe naye. **28** UAbsalom wa s'e yala abafana bake, wa ti, A no qapela isikati lapo inhliziyo ka Amnon i ncibilikile iwayini; lapo ngi ti kini, Shayani uAmnon, a no hle ni m bulale; ni ng'esabi; a ngi ni yalanga na? qinani, ni be amaqawe. **29** Abafana ba ka Absalom b'enza ku Amnon njengokuyala ku ka Absalom. A s'e suka onke amadodana enkosi, a kwela ileyo imbongolo yayo, a baleka.

30 Kwa ti, be se sendhleleni, umbiko wa fika ku Davida, u ti, UAbsalom u bulele onke amadodana enkosi, a ku salanga neyodwa kuwo. **31** Ya se i suka inkosi, ya hxebula izingubo zayo, ya lala emhlabatini; izinceku zonke zayo z'ema nga kuyo zi hxebulile izingubo zazo. **32** Kwa se ku pendula uJonadabi ka Shimeha umfo wabo ka Davida, wa ti, Inkosi yami ma i nga ti ba bulele zonke izinsizwa, amadodana enkosi; ngoba nguAmnon yedwa ofileyo: ngokuba loku kwa ku misiwe ngomlomo ka Absalom ku sukela osukwini a poqa ngalo udade wabo uTamare. **33** Kalokuke inkosi yami, inkosi yezwe, ma i nga beki le nto enhliziyweni yayo ukuti onke amadodana enkosi a file; ngokuba nguAmnon yedwa ofileyo.

34 Kepa uAbsalom wa baleka. Insizwa elindayo ya pakamisa amehlo ayo, ya bheka, nakoke, ku qamuka abantu abaningi ngendhlela e vundhla intaba emva kwayo. **35** UJonadabi wa ti enkosini, Bheka, a y'eza amadodana enkosi: ku njengokusho kwenceku yako. **36** Kwa ti ke e se qedile ukukuluma, bheka, a fika amadodana enkosi a dazuluka a kala: inkosi nayo nezinceku zonke zayo za kala ngokukala okukulu kakulu.

37 Kepa uAbsalom wa baleka, wa ya ku Talmayi ka Amihuri, inkosi ya seGeshuri. UDavida wa lilela indodana yake zonke izinsuku. **38** UAbsalom wa balekake, wa ya eGeshuri, wa hlala kona iminyaka emitatu. **39** Inhliziyo ka Davida inkosi ya langazelela ukuya ku Absalom: ngokuba wa e se duduzekile ngoAmnon loku wa e se file.

14 UJowabi ka Zeruya w'azi ukuti inhliziyo yenkosi i ku Absalom. **2** UJowabi wa s'e tumela eTekowa, wa landa kona owesifazana ohlakanipileyo, wa ti kuye, Ma u zi-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UAbsalom u buyiswa ngecebo li ka Jowabi.

shaye olilayo, wambate izingubo zokulila, u nga zigcobi ngamafuta, u be njengowesifazana o se lilele ofileyo izinsuku eziningi: 3 u ye enkosini, u kulume kanje kuyo. UJowabi wa m funza amazwi.

4 Owesifazana wa seTekowa e se kuluma enkosini, wa ti mbo ngobuso pansi, wa kuleka wa ti, Peleka, nkosi. 5 Inkosi ya ti kuye, U nani na? Wa ti, Impela ngi ngumfelokazi, indoda yami a i seko. 6 Incekukazi yako i bi namadodana amabili, a xabana odwa endhle, a kwa bako muntu wokulamula pakati kwawo, enye ya shaya enye, ya yi bulala. 7 Bheka, umndeni wonke se u vukele incekukazi yako, u ti, Si nike yena o shaye umfo wabo, ukuba si m bulale ngenxa yompefumulo womfo wabo ambuleleyo, si shabalalise indhlalifa nayo. Ba ya kucima kanjalo ilahle lami eliseleyo, ba nga be be sa shiyela indoda yami igama nensali ebusweni bomhlabati.

8 Inkosi ya ti kowesifazana, Hamba, u ye endhlini yako, ngi ya kukipa izwi ngawe. 9 Owesifazana wa seTekowa wa ti enkosini, E, nkosi yami, inkosi yezwe, icala ma li be kimi, na sendhlini ka baba; inkosi nesihlalo sayo sobukosi si be msulwa. 10 Ya ti ke inkosi, Oshoyo uto kuwe, m lete kimina, a ka yi kupinda a ku tinte. 11 Wa s'e ti, Inkosi ma i kumbule uJehova uNkulunkulu wayo, ukuba umpindiseli wegazi a ng'andisi ukucita, funa ba shabalalise indodana yami. Ya se i ti, E kona uJehova, a ku yi kuwa pansi nolulodwa unwele lwendodana yako.

12 Wa s'e ti owesifazana, Incekukazi yako a ke i kulume izwi enkosini yami, inkosi yezwe. Ya se i ti, Kuluma pela. 13 Wa ti owesifazana, Po, u cebeleni into enje ngabantu ba ka Nkulunkulu? ngokuba ngokukuluma leli zwi inkosi i njeng'o necala, loku inkosi i nga buyiseli ekaya oxoshiweyo wayo. 14 Ngokuba si melwe ukufa, si njengamanzi a citwa emhlabatini, a nge na kubutwa futi; uNkulunkulu a ka susi ukupila, u veza amasu okuba oxoshiweyo wake a nga be umxoshwa kuye. 15 Kalokuke, njengokuba ngi ze ukukuluma leli zwi enkosini yami, inkosi yezwe, yingokuba abantu ba ng'esabisile: incekukazi yako ya ti, Se ngi za kukuluma enkosini; mhlaumbe inkosi i ya kufeza izwi lencekukazi yayo. 16 Ngoba inkosi i ya kuzwa, yopule inceku yayo esandhleni somuntu o tanda ukungishabalalisa kanye nendodana yami efeni li ka Nkulunkulu. 17 Ya se i ti incekukazi yako, Sengati izwi lenkosi yami, inkosi yezwe, li nga ba elokupumuza; ngoba njengengelosi ka Nkulunkulu, i njalo inkosi yami, inkosi yezwe, ekuqazeni okuhle nokubi: uJehova uNkulunkulu wako a ka be nawe.

18 Ya se i pendula inkosi ya ti kowesifazana, Ma u nga fihli pela kimi into engi za kuyibuza kuwe. Wa ti ke owesifazana, Ma i kulumeke inkosi yami, inkosi yezwe. 19 Ya ti inkosi, Isandhla si ka Jowabi a siko kuwe kuko konke loku na? Owesifazana wa pendula wa ti, U kona umpefumulo wako, nkosi yami, inkosi yezwe, a kako o nga pendukela nga kwesokunene na nga kwesokohlo kuko konke oku kulunywe inkosi yami, inkosi yezwe; ngoba uJowabi inceku yako nguye ongiyalezileyo, nguye o funze incekukazi yako onke lawa mazwi; 20 uJowabi inceku yako wenze le nto ukupendukezela ubuso bendaba: inkosi yami i hlakanipile, njengokuhlakanipa kwengelosi ka Nkulunkulu, ukwazi konke oku semhlabeni.

21 Ya se i ti inkosi ku Jowabi, Bhekake, se ngi y'enzile le nto: hambake pela, u buyise insizwa uAbsalom. 22 UJowabi wa ti mbo ngobuso pansi, wa kuleka, wa busisa inkosi; wa ti ke uJowabi, Namhla inceku yako i y'azi ukuba ngi nesasa kuwe, nkosi yami, nkosi yezwe, loku inkosi i fezile izwi lenceku yayo. 23 UJowabi w'esuka wa ya eGeshuri, wa leta uAbsalom eJerusalem. 24 Ya ti inkosi, Ma ka cezukele endhlini yake, a nga bu boni ubuso bami.

Digitized by Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ubuhle bu ka Absalom. Wamkelwa inkosi. Wedusa abantu.

UAbsalom wa cezukelake endhlini yake, a ka bu bona ubuso benkosi.

25 Kepake kwa ku ngeko muntu ku Israeli wonke o fanele ukudunyiswa kakulu njengoAbsalom ngobuhle bake: ku suka onyaweni lwake pansi ku ze ku be sokakayini lwekanda lake kwa ku ngeko sici kuye. **26** Nxa e gunda ikanda lake (loku wa e li gunda njalo ekupeleni kwomnyaka; ngoba izinwele zake za zi m sinda, ngakoke wa zi gunda); wa zi linganisa izinwele zekanda lake, za lingana namashékeli a ngamakulu amabili ngesisindo senkosi. **27** UAbsalom wa zala amadodana amatatu, nendodakazi inye, igama layo uTamare ya i ngumuntu omuhle e bukeka.

28 UAbsalom wa hlala eJerusalem iminyaka emibili epeleleyo, e nga bu boni ubuso benkosi. **29** UAbsalom wa s'e tuma wa landa uJowabi, ukuba a m tumele enkosini; kodwa a ka vumanga ukuza kuye: wa buya wa tumela ngokwesibili, a ka vumanga ukuza. **30** Ngakoke wa ti ezincekwini zake, Bhekani, insimu ka Jowabi i seduze neyami, u nebarle kona; hambani, ni yi tungele ngomlilo. Izinceku zi ka Absalom za yi tungelake insimu ngomlilo. **31** Wa s'e suka uJowabi, wa ya ku Absalom endhlini yake, wa ti kuye, Izinceku zako zi yi tungeleleni insimu yami ngomlilo? **32** UAbsalom wa ti ku Jowabi, Bheka, ngi tumele kuwe ngi ti, Woza lapa, ukuba ngi ku tume enkosini, u ye koti, Ngi zeleni lapa ngi suka eGeshuri na? be ku nga kuhle ukuba ngi se kona na manje. Kalokuke ma ngi bone ubuso benkosi; uma ku kona icala kimi, ma i ngi bulale. **33** UJowabi wa ya enkosini, wa yi tshela; i si m bizile uAbsalom wa ya enkosini, wa kotama e beka pansi ubuso pambi kwenkosi: inkosi ya m anga uAbsalom.

15 Kwa ti emva kwa loku uAbsalom wa zilungisela inqolana yempi namahashi, namadoda a ngamashumi a isihlanu ukugijima ngapambili kwake. **2** UAbsalom wa vuka ekuseni, w'ema nga secaleni lendhlela yesango: kwa ku ti wonke umuntu o necala eli ya enkosini ukuba li tetwe, uAbsalom a m bize, a ti, U ngowa mupi umuzi na? A ti, Inceku yako i ngeyesinye sezizwe za kwa Israeli. **3** A ti uAbsalom kuye, Bheka, izindaba zako zinhle, zi te ngqe; kodwa a kako owokuzizwa wa konkosi. **4** A ti futi uAbsalom, Sengati ngi ng'enziwa umahluli ezweni, yikona wonke umuntu o necala n'o nendaba e ya kuza kimi ngi m enzele okufaneleyo! **5** Kwa ku ti ke, nxa ku sondela umuntu ukuba a kuleke kuye, elule isandhla sake, a m bambe, a m ange. **6** W'enze njalo uAbsalom ku Israeli wonke o za enkosini emacaleni: uAbsalom w'eba izinhliziyo zabantu ba kwa Israeli.

7 Kwa ti ke ekupeleni kweminyaka e ngamashumi amane, uAbsalom wa ti enkosini, Ma ngi hambe, ngi yo feza isitembiso sami enga m tembisa ngaso uJehova eHebron. **8** Ngokuba inceku yako ya tembisa ngesitembiso ngi sa hlezi eGeshuri eSiriya, nga ti, Uma impela uJehova e ngi buyisela eJerusalem, ngi ya kumkonzake uJehova. **9** Inkosi ya ti kuye, Hamba kahle. W'esukake wa ya eHebron. **10** Kepa uAbsalom wa tuma izinhloli kuzo zonke izizwe za kwa Israeli, e ti, No ti ukuzwa ukukala kwecilongo, be se ni ti, UAbsalom u inkosi eHebron. **11** Kwa hamba no-Absalom amadoda a ngamakulu amabili, a e menyiwe e puma eJerusalem, a hamba ngobuqoto; e ng'azi nolunci. **12** UAbsalom wa tumela wa landa uAhitofeli wa seGilo, umpakati ka Davida, emzini wake eGilo, e sa nikela imihlatshelo. Lwa ba mandhla uzungu; abantu ba ya ngokwanda ku Absalom.

13 Kwa fika umbiki ku Davida, e ti, Izinhliziyo zabantu ba kwa Israeli zi landela uAbsalom. **14** UDavida wa s'e ti ezincekwini zonke zake eza zi naye eJerusalem, Sukani, ma si baleke; ngoba uma si ng'enzi njalo a ku yi kubako kitina osindayo ku Absalom: sheshani si muke, funa a si fice masinyane, ehlisele ububi pezu

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UDavida u balekela uAbsalom. **U buyisa uHushayi nabanye.**

kwetu, a cite umuzi ngobukali benkemba. **15** Izinceku zenkosi za ti enkosini, Bheka, izinceku zako zi lungele ukwenza konke oku bonwa inkosi yetu, inkosi yezwe. **16** Inkosi ya se i puma, bonke abendhlu yayo be yi landela. Inkosi ya shiya abesifazana aba ishumi aba be izancinza ukuba ba gcine indhlu. **17** Ya pumake inkosi, abantu bonke be yi landela; bemisa eBete-meraki. **18** Izinceku zonke zayo za dhlula eceleni kwayo; nawo onke amaKereti, nawo onke amaPeleti, namaGiti onke, amadoda a ngamakulu a isitupa a e yi landela e suka eGati, a dhlula ngapambi kwenkosi.

19 Inkosi ya se i ti ku Itayi umGiti, U hambelani nati? buya u hlale nenkosi: ngokuba u ngowezizwe nomtunjwa; buyela endaweni yako. **20** Ku fanele ukuba ngi ku zulazulise nati namhla na, inganti u fike izolo nje? loku ngi ya lapa ngi nga ya kona? buya wena, u buyise abafo wenu; isihau neqiniso ma ku be nawe. **21** UItayi wa pendula inkosi wa ti, E kona uJehova, i kona inkosi yami, inkosi yezwe, impela ku leyo ndawo e ya kuba kuyo inkosi yami, inkosi yezwe, noma ku sekufeni noma ku sekupileni, kona lapo i ya kuba kona inceku yako. **22** UDavida wa ti ku Itayi, Hambake, u wele. UItayi umGiti wa welake, nabantu bonke bake, nezingane zonke eza zi naye. **23** Izwe lonke la kala ngezwi elikulu, abantu bonke ba wela: nenkosi futi ya wela umfulana iKidron, nabantu bonke ba wela be bhekisa nga sendhleleni e ya ehlane.

24 Bheka, uZadoki naye, nabaLevi bonke, b'eza kanye naye, be twele umpongolo wesivumelwano si ka Nkulunkulu; ba w'etula umpongolo wesivumelwano si ka Nkulunkulu; uAbiyatare wa kupuka, ba ze ba pelela bonke abantu ukupuma emzini. **25** Inkosi ya ti ku Zadoki, Buyisela emzini umpongolo ka Nkulunkulu: uma ngi ba nesasasa ku Jehova, u ya kungibuyisa, a ngi bonise wona, nekaya lake: **26** kodwa uma e ti yena, A ngi kwenameli; ngi kona, ma k'enze kimina okuhle emehlweni ake. **27** Futi ya ti inkosi ku Zadoki umpristi, A u siye umboni na? buyela emzini ngokutula, namadodana ako amabili kanye nawe, indodana yako uAhimahazi, noJonatan ka Abiyatare. **28** Bheka, ngi ya kulibala emazibukweni a sehlane, ku ze ku fike izwi eli puma kuwe lokungibikela. **29** Ngakoke uZadoki noAbiyatare ba buyisela umpongolo ka Nkulunkulu eJerusalem: ba hlala kona.

30 UDavida w'enyuka ngommango wentaba yemiNqumo, enyuka e kala, e gubuzele ikanda, e nga fakile izicatulo: abantu bonke aba be naye ba gubuzela ilowo ikanda lake, b'enyuka be kala. **31** Kwa bikwa ku Davida ukuti, UAhitofeli u pakati kwabozungu noAbsalom. Wa s'e ti uDavida, Au, Jehova, a ke u ntumazelise isiluleko si ka Ahitofeli. **32** Kwa t'uba uDavida a dundubale esiqongweni, lapo kwa ku kulekwa kona ku Nkulunkulu, nango uHushayi wa seArka e m hlangabeza, ibantshi lake li hxetshuliwe, e nomhlabati ekanda lake. **33** UDavida wa ti kuye, Uma u dhlula kanye nami, u ya kuba umtwalo kimi: **34** kodwa uma u buyela emzini, u ti ku Absalom, Ngi ya kuba inceku yako, nkosi; njengokuba kade ngi inceku ka yihlo, manje ngi ya kuba inceku yako kanjalo; konake u ya kungishafisela isiluleko si ka Ahitofeli. **35** A kuko kona lapo nawe uZadoki noAbiyatare abapristi na? ngakoke ku ya kuti, okuzwayo endhlini yenkosi u ku tshele uZadoki noAbiyatare abapristi. **36** Bheka, ku kona kanye nabo amadodana abo amabili, uAhimahazi ka Zadoki, noJonatan ka Abiyatare, ni ya kutumela kimi ngabo konke eni ya kukuzwa. **37** UHushayi isihlobo si ka Davida wa ngenake emzini; noAbsalom wa ngena eJerusalem.

16 Kwa ti uDavida e se dhlulile ingcozana isiqongo sommango, nango uZiba umuntu ka Mefiboshete e m hlangabeza, e nombangqwa wezimbongolo zi boshelwe izihlalo, pezu

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UZiba u hlala ngoMefiboshete.

kwazo ku kona izinkwa ezi ngamakulu amabili, nezihleke zamavini omileyo zi ikulu, nezitelo zehlobo ezi ikulu, nemvaba yewayini. 2 Ya ti ke inkosi ku Ziba, U sho ukutini nga lezi zinto na? Wa ti uZiba, Izimbongolo zi ezokukwelwa abendhlu yenkosi; izinkwa nezitelo zehlobo zi ezokudhliwa izinsizwa; iwayini li elokupuzwa abayetileyo ehlane. 3 Ya ti inkosi, Ipi indodana yenkosi yako na? Wa ti uZiba enkosini, Bheka, i hlezi eJerusalem; ngoba i ti yona, Namhla indhlu ka Israeli i za kubuyisela kimina umbuso ka baba. 4 Ya se i ti inkosi ku Ziba, Bheka, ku ngokwako konke oku ngoku ka Mefiboshete. Wa ti uZiba, Ngi ya kuleka; ma ngi be nesasasa kuwe nkosi yami, nkosi yezwe.

5 Ya ti inkosi uDavida ukufika eBahurim, nango ku puma kona umuntu womndeni wendhlu ka Saule, o gama lake li nguShimehi ka Gera; wa puma, e hamba e tuka. 6 Wa m jigijela uDavida ngamatshe, nezinceku zonke zenkosi uDavida: abantu bonke neziqwaga zonke za zi nga sesandhleni sake sokunene nesokohlo. 7 Yiloku akushoyo uShimehi ekutukeni kwake, Puma, puma, wena muntu wegazi, hatangandini: 8 uJehova u buyisele pezu kwako lonke igazi lendhlu ka Saule, o kade u busa endaweni yake; uJehova u nikele umbuso esandhleni si ka Absalom indodana yako; bheka, u bajiwe ebubini bako, ngokuba u ngumuntu wegazi.

9 Wa s'e ti uAbishayi ka Zeruya enkosini, Le nja efileyo i nga ze i tuke inkosi yami, inkosi yezwe, kwenzenjani na? ma ngi wele ngi m nqume ikanda. 10 Ya ti inkosi, Ngi namsebenzi muni nani, nina madodana ka Zeruya na? Ngokuba e tuka nje yena, na ngokuba uJehova u te kuye, Tuka uDavida; ubani po o nga ti, U kwenzeleni loku na? 11 Wa s'e ti uDavida ku Abishayi, na kuzo zonke izinceku zake, Bhekani, indodana yami eya puma ezibilinini zami i funa ikanda lami: kakulu kangakanani po lo mBenjamin? mu yekeni, a tuke;

UDavida u tukwa nguShimehi.

ngokuba uJehova u sho njalo kuye. 12 Mhlaumbe uJehova u ya kubuka ukwoniwa kwami, uJehova a ngi buyisele okuhle ngenxa yokungituka kwake namhla. 13 UDavida nabantu bake ba hamba ngendhlela; uShimehi wa vundhla intaba malungana naye, e hamba e tuka, e m jigijela ngamatshe e m tela ngotuli. 14 Inkosi, nabantu bonke aba be nayo, ba fika be yetile; ya ke ya hlaba ipefu kona.

15 UAbsalom, nabantu bonke, amadoda a kwa Israeli, ba fika eJerusalem, uAhitofeli e naye. 16 Kwa ti lapo uHushayi wa seArka, isihlobo si ka Davida, e fika ku Absalom, uHushayi wa ti ku Absalom, Mana njalo, nkosi, mana njalo, nkosi. 17 UAbsalom wa ti ku Hushayi, Yilesi isihau sako esihlotsheni sako na? a u hambanga ngani nesihlobo sako na? 18 UHushayi wa ti ku Absalom, Ayi; kepa o ketwe uJehova, na laba bantu, nawo onke amadoda a kwa Israeli, ngi ya kuba owake, ngi hlale naye. 19 Okwesibili, be ku fanele ukuba ngi konze bani na? ku nga bi pambi kwendodana yake na? njengokukonza kwami pambi ku ka yihlo, ngi ya kuba njalo pambi kwako.

20 Wa s'e ti uAbsalom ku Ahitofeli, Vezani isiluleko senu sokuti nga s'enze njani. 21 UAhitofeli wa ti ku Absalom, Ngena ezancinzeni zi ka yihlo, azishiyileyo ukuba zi gcine indhlu; uIsraeli wonke u ya kuzwa ukuba u su ya nuka ku yihlo: izandhla zabo bonke aba nawe zi ya kuqinake. 22 Ba misela uAbsalom utente opahleni lwendhlu; uAbsalom wa ya ezancinzeni zi ka yise emehlweni ka Israeli wonke. 23 Isiluleko si ka Ahitofeli a luleka ngaso nga lezo zinsuku sa si njengokungati be ku buzwe amazwi ka Nkulunkulu: sa si njalo isiluleko si ka Ahitofeli ku Davida na ku Absalom.

17 Futi uAhitofeli wa ti ku Absalom, Ma ngi kete manje amadoda a izinkulungwane ezi ishumi nambili, ngi suke ngi landele uDavida nga lobu busuku: 2 ngi ya kumfikela

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Isiluleko si ka Ahitofeli nesi ka Hushayi. UDavida u bikelwa.

e katele, izandhla zi te yetelele, ngi m shayise uvalo; abantu bonke aba naye ba ya kubaleka; ngi bulale inkosi kupela; 3 ngi buyisele kuwe bonke abantu: umuntu omfunayo u njengokungati ku buye abantu bonke: bonke abantu ba ya kuba nokutula. 4 Loku kusho kwa m hlaba umxwele uAbsalom namalunga onke a kwa Israeli.

5 Wa s'e ti uAbsalom, A ke ni bize uHushayi wa seArka, si zwe oku semlonyeni wake naye futi. 6 UHushayi e se fikile ku Absalom, uAbsalom wa kuluma kuye wa ti, UAhitofeli u kulume kanje: s'enze njengokusho kwake na? uma ku nge njalo, kuluma wena. 7 UHushayi wa ti ku Absalom, Isiluleko si ka Ahitofeli a luleke ngaso nga lesi sikati a si lungile. 8 Wa ti futi uHushayi, U ya m azi uyihlo nabantu bake, ukuba ba iziqwaga, nokuti ba casukile ezinhliziyweni zabo, njengebere el'amukwe amazinyane alo endhle; uyihlo u indoda yokulwa, a ka yi kulala kanye nabantu. 9 Bheka, manje u cashile emgodini, noma endaweni imbe: ku ya kuti lapo abanye kubo se be wile emanqweni, okuzwayo u ya kuti, Ku bulawa abantu aba landela uAbsalom. 10 Naye o iqawe, o nhliziyo yake i njengenhliziyo yengonyama, u ya kunyiba nya; ngoba uIsraeli wonke u y'azi ukuti uyihlo u isiqwaga, na labo aba naye ba ngamaqawe. 11 Kepa mina ngi ya luleka ukuba uIsraeli wonke a butanele kuwe, ku suka kwa Dan ku ze ku fike eBeresheba, be ngangesihlabati sa selwandhle ngobuningi; nawe u ye empini uqobo lwako. 12 Si ya kumfikelake endaweni lapo e ya kufunyaniswa kona, si m ehlele njengokuwela kwombete emhlabatini; yena nabantu bonke aba naye a ku yi kusala noyedwa kubo. 13 Futi, uma e ngene emzini, uIsraeli wonke u ya kuleta amagoda ku lowo muzi, si wu hudulele emfuleni, ku nga be ku sa funyanwa kona netshana eli lodwa. 14 UAbsalom namadoda onke a kwa Israeli ba ti, Isiluleko si ka Hushayi wa seArka si lungile kunesiluleko si ka Ahitofeli. Ngokuba uJehova u be mise ukuba ku shafiswe isiluleko esihle si ka Ahitofeli, yikona uJehova e za kumehlisela ububi uAbsalom.

15 Wa s'e ti uHushayi ku Zadoki na ku Abiyatare abapristi, UAhitofeli u luleke uAbsalom namalunga a kwa Israeli kanje na kanje; mina nga luleka kanje na kanje. 16 Ngakoke sheshani, ni tumele ni tshele uDavida, ni ti, Musa ukulala nga lobu busuku emazibukweni a sehlane, wela noma ku njani; funa inkosi i gwinywe, nabantu bonke aba nayo. 17 UJonatan noAhimahazi ba be tulise nga sEn-rogeli; incekukazi ya i zinge i yo ba tshela; ba hambe bona ba yo tshela inkosi uDavida: ngokuba ba be nge na kuze ba bonwe be ngena emzini. 18 Kepa umfana wa ba bona, wa yo tshela uAbsalom: ba hambake bobabili ba shesha, ba fika endhlini yomuntu eBahurim, owa e nomtombo wamanzi egcekeni lake; b'ehlela kona. 19 Owesifazana wa tata isimbozo, wa s'endhlala pezu kwomlomo womtombo, w'eneka umqakazo pezu kwawo; a kw'aziwa loko. 20 Izinceku zi ka Absalom za fika kowesifazana endhlini; za ti, Bapi oAhimahazi noJonatan? Wa ti owesifazana kuzo, Ba wele umnonjana wamanzi. Lapo se zi fune zi nga ba fumani, za buyela eJerusalem.

21 Kwa ti se zi hambile, ba puma emtonjeni, ba hamba ba yo tshela inkosi uDavida; ba ti ku Davida, Sukani, ni sheshe ni wele amanzi; ngokuba uAhitofeli u luleke kanje ngani. 22 Wa s'e suka uDavida, nabantu bonke aba be naye, ba wela iJordan: kwa ti ku sa kusasa kwa ku nga silele muntu o nga li welanga iJordan. 23 Wa ti uAhitofeli ukubona ukuba isiluleko sake a s'enziwanga, wa bopela imbongolo yake, wa suka, wa goduka, wa ya emzini wake, wa yalela ngomuzi wake, wa zipanyeka; wa fa, w'embelwa etuneni li ka yise.

24 UDavida wa fika eMahanayim. UAbsalom wa wela iJordan, yena nabantu bonke ba kwa Israeli kanye

Digitized by Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Impi ka Davida i cita e ka Absalom. UAbsalom u bulawa uJowabi.

naye. 25 UAbsalom wa misa uAmasa pezu kwempi esikundhleni si ka Jowabi. UAmasa wa e indodana yomuntu o gama lake li nguItra umIsraeli, owa ya ku Abigali ka Nahashi, udade wabo ka Zeruya, unina ka Jowabi. 26 UIsraeli noAbsalom ba ngenisa ezweni la kwa Giliyadi.

27 Kwa ti uDavida e se fikile eMahanayim, uShobi ka Nahashi wa seRaba waba kwa Amon, noMakiri ka Amiyeli wa seLodebare, noBarzilayi umGiliyadi wa seRogelim, 28 ba leta amacansi, nemicengezi, nezitsha zebumba, nokolweni, nebarle, nempupu, nenhlosa nobontshisi, nembumba, notshwele, 29 nezinyosi, namasi, nezimvu, nesinkwa samasi ezinkomo, ku Davida, nabantu aba be naye, ukuba ba dhle: ngokuba ba ti, Abantu ba lambile, ba yetile, b'omile, ehlane.

18 UDavida wa bala abantu aba be naye, wa misa izinduna zezinkulungwane nezinduna zamakulu pezu kwabo. 2 UDavida wa kipa abantu, inxenye yesitatu i pansi kwesandhla si ka Jowabi, nenxenye yesitatu i pansi kwesandhla si ka Abishayi ka Zeruya, umfo wabo ka Jowabi, nenxenye yesitatu i pansi kwesandhla si ka Itayi umGiti. Inkosi ya ti ku bantu, Nami futi ngi ya kupuma nokupuma nani. 3 Kodwa abantu ba ti, Mus'ukupuma: ngokuba uma si baleka tina, a ba yi kubeka inhliziyo kitina; noma ku fa inxenye yetu, a ba yi kubeka inhliziyo kitina: kepa wena u ngangezinkulungwane ezi ishumi zetu; ngakoke kuhle ukuba u hlalele ukusisiza u vela emzini. 4 Inkosi ya ti kubo, Okuhle emehlweni enu ngi ya kukwenza. Inkosi y'ema nga sesangweni, abantu bonke ba puma ngamakulu na ngezinkulungwane. 5 Inkosi ya yala uJowabi noAbishayi, noItayi, i ti, Ni bo yi pata kahle insizwa leyo ngenxa yami, ngi sho uAbsalom. Abantu bonke b'ezwa lapo inkosi i yaleza izinduna zonke ngoAbsalom.

6 Abantu ba pumela endhle be yo hlangabezana noIsraeli: kwa liwa ehlatini la kwa Efrayim. 7 Abantu ba kwa Israeli ba bulawa kona pambi kwezinceku zi ka Davida, kwa ba kona ukuceka okukulu nga lolo suku, ba ba izinkulungwane ezi ngamashumi amabili. 8 Ngokuba impi ya hlakazekela kulo lonke izwe; ihlati la dhla abantu abaningi nga lolo suku kunaba dhliwa inkemba.

9 UAbsalom wa ti gaga ukuhlangana nabantu ba ka Davida. UAbsalom wa e kwele imbongolo yake, imbongolo ya ngena ngapansi kwehlozi lomoki omkulu, ikanda lake la bambelela emokini, wa pakanyiselwa emkatini wezulu nomhlaba; imbongolo eya i ngapansi kwake ya dhlula. 10 Ya ku bona loku indoda etile, ya tshela uJowabi, ya ti, Bheka, ngi bone uAbsalom e panyekeke emokini. 11 Wa ti uJowabi kuyo indoda emtshelileyo, Bhekake, u bone loku, a u m juqelanga ngani pansi na? be ngi ya kukunika izinhlamvu zesiliva ezi ishumi, kanye nesibamba. 12 Indoda ya ti ku Jowabi, Nomake ngi ng'amkela izinhlamvu zesiliva ezi inkulungwane esandhleni sami, be ngi nge si yise isandhla sami endodaneni yenkosi: ngokuba ezindhlebeni zetu inkosi i ku yalile noAbishayi noItayi, i ti, Qapelani ukuba i nga tintwa muntu leyo nsizwa uAbsalom. 13 Uma pela be ng'enzile ngenkohliso nga sempefumulweni wake (a iko into efihliweyo enkosini), nawe uqobo lwako u bu ya kumelana nami. 14 Wa s'e ti uJowabi, A ngi na kulibala nawe kanje. Wa s'e tata izinkandi ezintatu ngesandhla sake, wa m bokoda enhliziyweni uAbsalom, e s'ezwa pakati kwomoki. 15 Izinsizwa ezi ishumi eza zi izindibi zezikali zi ka Jowabi za m haqa za m gwaza uAbsalom, za m bulala.

16 UJowabi wa s'e shaya icilongo, abantu ba buya ekuxosheni uIsraeli; ngokuba uJowabi wa ba nqanda abantu. 17 Ba m tata uAbsalom, ba m ponsa emgodini omkulu ehlatini, ba beka pezu kwake inqwaba enkulu yamatshe: uIsraeli wonke wa balekela ilowo etenteni lake. 18 Kwa ku te uAbsalom e se kona wa tata wa zimi-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

sela insika e sesigodini senkosi; ngokuba wa ti, A ngi na ndodana yokukumbuzela igama lami: wa yi qamba insika ngegama lake; na namhla i sa bizwa ngokuti, insika ka Absalom.

19 Wa s'e ti uAhimahazi ka Zadoki, Ma ngi gijime, ngi yise enkosini udaba, lokuba uJehova u m pindisele eziteni zake. **20** Wa ti ke uJowabi kuye, A u siye umuntu wokuyisa udaba namhla, kepa u ya kuluyisa ngolunye usuku; kodwa namhla a u yi kuluyisa udaba, ngokuba indodana yenkosi i file. **21** Wa s'e ti uJowabi ku mKushi, Hamba, u tshele inkosi okubonileyo. UmKushi wa kotama pambi ku ka Jowabi, wa gijima. **22** UAhimahazi ka Zadoki wa s'e buya e ti ku Jowabi, Noma ku nga velani, ma ngi gijime nami, ngi landele umKushi. Wa ti uJowabi, U zo gijimelani wena, mtanami, loku a u yi kuvuzwa nga luto ngodaba na? **23** Wa ti, Kepa noma ku velani, ngi za kugijima. Wa ti kuye, Gijimake. Wa s'e gijima uAhimahazi ngendhlela yeMfunda, wa dhlula umKushi.

24 UDavida wa e hlezi emkatini wamasango amabili: umlindi wa ya opahleni lwesango ogangeni, wa pakamisa amehlo ake, wa bheka, nango umuntu e gijima e yedwa. **25** Umlindi wa memeza, wa tshela inkosi. Ya ti inkosi, Uma e yedwa, ku kona udaba emlonyeni wake. W'eza ngokusondela. **26** Umlindi wa bona omunye umuntu e gijima; umlindi wa memeza umgcinisango, wa ti, Nango, omunye umuntu e gijima e yedwa. Ya ti inkosi, Naye u leta udaba. **27** Wa ti umlindi, Ngi bona ukugijima k'o pambili kungati ukugijima ku ka Ahimahazi ka Zadoki. Ya ti inkosi, U ngumuntu olungileyo, u nodaba oluhle.

28 UAhimahazi wa memeza, wa ti enkosini, Bayete. Wa kotama e beka pansi ubuso pambi kwenkosi, wa ti, Ma ka bongwe uJehova uNkulunkulu wako, o kapele abantu aba pakamisela isandhla sabo enkosini yami, inkosi yezwe. **29** Ya ti inkosi, I hlezi kahle insizwa uAbsalom na? UAhimahazi wa pendula wa ti, Lapo uJowabi e tuma inceku yenkosi, mina nceku yako ngi bone inxokozelo enkulu, kepa a ng'azanga ukuti i yini. **30** Ya ti ke inkosi, Gudhluka, u me lapa. Wa gudhluka, w'ema.

31 Nangoke umKushi e fika; wa s'e ti umKushi, Udaba, nkosi yami, inkosi yezwe; ngokuba uJehova u ku pindisele namhla kubo bonke abakuvukeleyo. **32** Ya ti inkosi ku mKushi, I hlezi kahle insizwa uAbsalom na? UmKushi wa ti, Izita zenkosi yami, inkosi yezwe, nabo bonke abakuvukelayo ukuba ba ku limaze, ma ba be njenga leyo nsizwa. **33** Inkosi ya banjwa umunyu kakulu, y'enyukela ekamelweni ngapezu kwesango, ya kala: i hamba i ti, Au, ndodana yami, Absalom, ndodana yami, ndodana yami Absalom! sengati nga be ngi ku fele, Au, Absalom, ndodana yami, ndodana yami!

19 UJowabi wa tshelwa ukuti, Bheka, inkosi i ya kala i lilela uAbsalom. **2** Ukunqoba kwa lolo suku kwa penduka isililo ku bantu bonke; ngokuba abantu b'ezwa nga lolo suku ukuti, Inkosi i buhlungu ngendodana yayo. **3** Abantu nga lolo suku ba ngena ngokunyenya emzini, njengabantu aba nezinhloni be nyenya be baleka empini. **4** Inkosi ya mboza ubuso bayo, inkosi ya mbongoza ngezwi elikulu, ya ti, Au, ndodana yami Absalom, Au Absalom, ndodana yami, ndodana yami! **5** UJowabi wa ngena endhlini enkosini, wa ti, U jabisile namhla ubuso bezinceku zonke zako ezi hlangulise ikanda lako namhla, namakanda amadodana ako namadodakazi ako, namakanda abafazi bako, namakanda ezancinza zako; **6** loku u tanda abakuzondayo, u zonda abakutandayo. Ngokuba u shilo namhla ukuti izikulu nezinceku zi yize kuwe: ngoba ngi y'azi namhla ukuti, uma uAbsalom e be sindile, tina sonke sa fa namhla, be ku za kukuhlaba umxwele. **7** Kalokuke suka, u pume u kulume enhliziyweni yezinceku zako; ngokuba ngi funga uJehova, uma u nga pumi, a ku yi kuhla-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

la muntu nawe nga lobu busuku: loko ku ya kuba kubi kuwe kunabo bonke ububi obukufikeleyo, ku sukela ebusheni bako ku ze ku be manje. 8 Ya se i suka inkosi, ya hlala nga sesangweni. Kwa tshelwa abantu bonke ukuti, Nansi inkosi i hlezi esangweni: abantu bonke b'eza ngapambi kwenkosi.

Kepake uIsraeli wa e se balekele ilowo etenteni lake. 9 Bonke abantu ba be pikisana kuzo zonke izizwe za kwa Israeli, be ti, Inkosi ya s'opula esandhleni sezita zetu, ya si hlangulisa esandhleni samaFilisti; manje i si balekile ezweni e balekela uAbsalom. 10 UAbsalom esamgcobayo ukuba a be pezu kwetu, u file empini. Manjeke ni tuleleni ni nga yi buyisi inkosi na?

11 Inkosi uDavida ya tumela ku Zadoki na ku Abiyatare abapristi, i ti, Kulumani emalungeni a kwa Juda, ni ti, Ku ngani ukuba ni be abokugcina ukubuyisela inkosi endhlini yayo na? loku inkulumo ka Israeli wonke i fikile enkosini yokuti ma i buyele endhlini yayo. 12 Nina ni ngabafo wetu, ni yitambo lami nenyama yami: yini po ukuba ni be abokugcina ukubuyisa inkosi? 13 Ni ti na ku Amasa, Wena a u silo itambo lami nenyama yami na? uNkulunkulu enze njalo kimi, elekele futi, uma u nga yi kuba induna yempi ngapambi kwami njalonjalo endaweni ka Jowabi. 14 Wa tobisa izinhliziyo zabantu bonke ba kwa Juda, za ba njengenhliziyo yomuntu munye; ngangoba ba tumela enkosini ba ti, Buya wena nezinceku zako zonke. 15 Inkosi ya buyake ya fika eJordan. UJuda wa fika eGiligali ukuya kuhlangabeza inkosi, nokuwelisa inkosi iJordan.

16 UShimehi ka Gera, umBenjamin, owa e ngowa seBahurim, wa shesha w'ehla nabantu ba kwa Juda ukuhlangabeza inkosi uDavida. 17 Wa e namadoda a inkulungwane a kwa Benjamin, noZiba inceku yendhlu ka Saule, namadodana ake a ishumi nesihlanu nezigqili zake ezi amashumi amabili zi naye; ba li ti capashi iJordan pambi kwenkosi. 18 Kwa wela isikebe sokuwelisa, ukuba si welise abendhlu yenkosi, senze okuhle emehlweni ayo. UShimehi ka Gera wa wa pansi pambi kwenkosi, nxa i si welile iJordan. 19 Wa ti enkosini, Inkosi yami ma i nga baleli ububi kimi, u nga kumbuli loko okwenziwa inceku yako ngobupoxo ngosuku inkosi yami, inkosi yezwe, eya puma ngalo eJerusalem, ukuba inkosi i ku beke enhliziyweni yayo. 20 Ngokuba inceku yako i y'azi ukuba ng'onile: ngakoke, Bheka, ngi fikile namhla ngi ngowokuqala kuyo yonke indhlu ka Josefa owehla ukuhlangabeza inkosi yami, inkosi yezwe.

21 Kodwa uAbishayi ka Zeruya wa pendula, wa ti, UShimehi ka yi kubulawa yini nga loku, ngokuba wa tuka ogcotshiweyo ka Jehova? 22 Wa ti uDavida, Ngi namsebenzi muni nani, madodana ka Zeruya, ukuba ni be abayimpi kimi namhla na? ku za kubulawa umuntu namhla kwa Israeli na? a ng'azi yini mina ukuba ngi inkosi namhla kwa Israeli? 23 Ya se i ti inkosi ku Shimehi, A u yi kufa wena. Inkosi ya funga kuye.

24 UMefiboshete ka Saule w'ehla ukuba a hlangabeze inkosi; ka lungisanga izinyawo zake, ka lungisanga nesilevu sake, ka hlanzanga nezingubo zake, ku sukela osukwini eya muka ngalo inkosi kwa za kwa ba usuku lokubuya kwayo ngokutula. 25 Kwa ti ke e se fikile eJerusalem ukuhlangabeza inkosi, inkosi ya ti kuye, A u hambanga ngani nami, Mefiboshete na? 26 Wa ti, Nkosi yami, nkosi yezwe, inceku yami i ngi kohlisile: ngokuba inceku yako i te, Ngi ya kuzibopelela imbongolo, ukuba ngi kwele kuyo, ngi hambe nenkosi; ngokuba inceku yako i unyonga. 27 I hlebile inceku yako kuyo inkosi yami, inkosi yezwe; kodwa inkosi yami, inkosi yezwe, i njengengelosi ka Nkulunkulu: yenzake okuhle emehlweni ako. 28 Ngokuba yonke indhlu ka baba ya i.ngabantu bokufa nje ngapambi kwenkosi yami, inkosi

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

yezwe; noko wa beka inceku yako pakati kwaba dhla etafuleni lako. Ngi se na lungelo lini ukuba ngi be ngi sa kala enkosini na? **29** Ya ti ke inkosi kuye, U sa kulumelani ngezindaba zako na? Ngi ti, wena no-Ziba yahlukaniselanani izwe. **30** Wa ti uMefiboshete enkosini, Yebo, ma ka tate konke, njengaloku inkosi yami, inkosi yezwe, i buyele ngokutula endhlini yayo.

31 UBarzilayi umGiliyadi w'ehla e puma eRogelim; wa wela iJordan kanye nenkosi, ukuyiwelisa iJordan. **32** Kepake uBarzilayi wa e se guge kakulu, e neminyaka e ngamashumi a isishiyangalombili: wa be ondhle inkosi ekuhlaleni kwayo eMahanayim; ngokuba wa e ngumuntu omkulu kakulu. **33** Ya ti inkosi ku Barzilayi, Wela nami wena, ngi kondhle kanye nami eJerusalem. **34** UBarzilayi wa ti enkosini, Zi ngaki izinsuku zeminyaka yokuhamba kwami na? ukuba ng'enyukele eJerusalem nenkosi na? **35** Namhla ngi neminyaka e ngamashumi a isishiyangalombili: ngi nokuqaza okuhle nokubi na? inceku yako i nokuzwa engikudhlayo nengikupuzayo na? ngi nga be ngi sa li zwa yini izwi labahlabelelayo abesilisa nabesifazana na? po, inceku yako i nga be i sa ba umtwalo ngani enkosini yami, inkosi yezwe na? **36** Inceku yako i zo simze i wele iJordan kanye nenkosi: po, yini ukuba inkosi i ngi vuze ngomvuzo o ngaka na? **37** Ma i buye inceku yako ukuba ngi yo fela emzini wa kiti, nga setuneni li ka baba neli ka mame. Kodwa nansi inceku yako uKimham; ma ka wele yena kanye nenkosi yami, inkosi yezwe; wenze kuye okuhle emehlweni ako. **38** Inkosi ya ti, UKimham u za kuwela nami, ngi m enzele loko okuhle emehlweni ako: konke okufunayo kimi ngi ya kukwenzela kona. **39** Abantu bonke ba wela iJordan, nenkosi ya wela: inkosi ya m anga uBarzilayi, ya m busisa; wa se buyela endaweni yake.

40 Ya welake inkosi ya ya eGiligali, uKimham wa wela nayo: abantu bonke ba kwa Juda ba welisa inkosi, nenxenye yabantu ba kwa Israeli. **41** Bheka, onke amadoda a kwa Israeli a fika enkosini, a ti kuyo inkosi, Yini ukuba abafo wetu amadoda a kwa Juda a kwebe a yi wezise inkosi nabendhlu yayo iJordan, namadoda onke a ka Davida kanye naye? **42** Onke amadoda a kwa Juda a pendula amadoda a kwa Israeli, a ti, Yingokuba inkosi i inyama yetu: yini po ukuba ni tukutele nga le nto na? si ke sa dhlani yenkosi na? i si xoshisile ngamaxosho na? **43** Amadoda a kwa Israeli a pendula amadoda a kwa Juda, a ti, Si nezinxenye ezi ishumi enkosini, futi si nelungelo kakulu kunani ku Davida: po, yini ukuba ni si kese na? izwi letu la li nge silo elokuqala ekubuyiseni inkosi yetu na? Amazwi amadoda a kwa Juda a ba lukuni kunamazwi amadoda a kwa Israeli.

20 Kwa hle kwa ba kona ihatanga eli gama lalo li nguSheba, ka Bikri umBenjamin: wa shaya icilongo, wa ti, A si na sabelo ku Davida, a si na fa endodaneni ka Jese: a ku be ilowo a ye etenteni lake, Israeli. **2** Enyukake onke amadoda a kwa Israeli e yeka ukulandela uDavida, a landela uSheba ka Bikri; kodwa amadoda a kwa Juda a namatela enkosini yawo, ku suka eJordan ku ze ku be seJerusalem.

3 UDavida wa fikake endhlini yake eJerusalem; inkosi ya tata abesifazana aba ishumi izancinza zayo, e bi zi shiyile ukuba zi gcine indhlu, ya zi faka ekulindweni, ya z'ondhla, kodwa ka i yanga kuzo. Za valelwake kwa za kwa ba usuku lokufa kwazo, zi hlezi ngobufelokazi.

4 Ya se i ti inkosi ku Amasa, Ngi hlabele umkosi amadoda a kwa Juda ku nga ka peli izinsuku ezintatu, nawe u be kona. **5** UAmasa wa ya kohlabela umkosi uJuda; kepa wa libala sa dhlula isikati esimisiweyo a be m misele sona. **6** Wa s'e ti uDavida ku Abishayi, Manje uSheba ka Bikri u za kusilimaza kakulu kunokwenziwa uAbsalom: tata abantu be-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UAmasa u bulawa uJowabi. Ku tolwa uSheba. Izinduna.

nkosi yako u m landele, funa a zitolele imizi ebiyelweyo, a si punyuke. **7** Kwa pumake emva kwake amadoda ka Jowabi, namaKereti namaPeleti, nazo zonke iziqwaga: ba puma eJerusalem ukuba ba landele uSheba ka Bikri. **8** Ba ti be setsheni elikulu eli seGibeyon, uAmasa w'eza ukubahlangabeza. UJowabi wa e bincile ngezingubo zake zokulwa a e z'ambete, za zi nesibamba esi nenkemba i gaxiwe okalweni lwake emgodhleni wayo; wa ti ukupuma ya wa inkemba. **9** UJowabi wa ti ku Amasa, U sa pila mfo wetu na? uJowabi wa s'e bamba uAmasa ngesilevu ngesandhla sokunene ukuba a m ange. **10** Kodwa uAmasa a ka yi qapelanga inkemba eya i sesandhleni si ka Jowabi: wa m gwaza ngayo esiswini, wa cita izibilini zake pansi, ka m pindanga; wa fa.

UJowabi noAbishayi umfo wabo ba xosha uSheba ka Bikri. **11** Kw'ema nga kuye umuntu wa sezinsizweni zi ka Jowabi, wa ti, Lowo o tanda uJowabi na lowo o ngo ka Davida, ma ka landele uJowabi. **12** UAmasa wa e bukuzeka egazini lake pakati kwomgwaqo. Wa ti lo muntu ukubona ukuba bonke abantu b'emi, wa gudhluza uAmasa emgwaqweni wa m yisa esikoteni, wa ponsa pezu kwake ingubo, e se bonile ukuti bonke aba fika kuye ba y'ema. **13** E se susiwe emgwaqweni, bonke abantu ba dhlula be landela uJowabi ukuxosha uSheba ka Bikri.

14 Wa dabula kuzo zonke izizwe za kwa Israeli wa ze wa fika eAbeli, na seBete-mahaka, na ku maBeri onke: a butana a m landela nawo. **15** Ba fika ba m vimbezela eAbeli la seBete-mahaka, ba nqwabela iduli nga semzini, l'ema nga sodongeni; bonke abantu aba be noJowabi ba ngqubuza ugange ukuluwisa. **16** Kwa se ku memeza owesifazana ohlakanipileyo emzini, wa ti, Yizwani, yizwani; a ke ni ti ku Jowabi, A u sondele lapa, ngi kulume nawe. **17** Wa sondelake kuye; wa ti ke owesifazana, U nguJowabi wena na? Wa ti, Ngi nguye. Wa s'e ti kuye, Yizwa amazwi encekukazi yako. Wa ti, Ngi y'ezwa. **18** Wa s'e kuluma e ti, Ba be jwayele ukuti endulo, Ba ya kubuza nokubuza eAbeli: ba gcinake lapo. **19** Mina ngi ngowabatulileyo nabatembekayo kwa Israeli: u funa ukucita umuzi o inzalamizi kwa Israeli: u ya kuligwinyelani ifa li ka Jehova na? **20** UJowabi wa pendula wa ti, Amanga; a ku be kude kimi ukuba ngi gwinye nokuba ngi cite. **21** Indaba ka i njalo: indoda yezintaba za kwa Efrayim, uSheba ka Bikri igama lake, u pakamisele inkosi isandhla sake, ngi sho uDavida; ngi nikeni yena kupela, ngi ya kumukake emzini. Wa ti owesifazana ku Jowabi, Bheka, ikanda lake li ya kuponswa kuwe ngapandhle kwogange. **22** Owesifazana wa s'e ya ku bantu bonke ngokuhlakanipa kwake. Ba m nquma ikanda uSheba ka Bikri, ba li ponsa ku Jowabi. Wa s'e shaya icilongo, ba hlakazeka ku lowo muzi, kwa ba ilowo muntu wa ya etenteni lake. UJowabi wa buyela eJerusalem enkosini.

23 UJowabi wa yi pata yonke impi ya kwa Israeli; uBenaya ka Jehoyada wa e pata amaKereti namaPeleti; **24** uAdoram wa e pata aba hxanyelwa umsebenzi; uJehoshafati ka Ahiludi wa e ngumlobi wezindaba; **25** uSheva wa e ngumbhali; uZadoki no Abiyatare ba be ngabapristi; **26** uIra umJahire wa e isikonzi esikulu ku Davida.

21 Kwa ba kona indhlala ezinsukwini zi ka Davida, iminyaka emitatu, i landelana; uDavida wa funa ubuso bu ka Jehova. UJehova wa ti, Ku ngenxa ka Saule, na ngenxa yendhlu yake yegazi, ngokuba wa bulala amaGibeyon. **2** Inkosi ya biza amaGibeyon, ya ti kuwo (amaGibeyon a e nge sibo aba kwa Israeli, a e imitonsela yamaAmori; aba kwa Israeli ba be fungile kuwo: uSaule wa funa ukuwabulala ngokushisekela kwake aba kwa Israeli noJuda); **3** wa ti uDavida ku maGibe-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

yon, Ngi n'enzele ntoni na? ngi nga hlaula ngani, ukuba ni busise ifa li ka Jehova na? 4 AmaGibeyon a ti kuye, A ku ndaba yesiliva negolide pakati kwetu noSaule, na kwabendhlu yake; a ku siko okwetu ukubulala umuntu kwa Israeli. Wa ti, Enikushoyo ngi ya kunenzela kona. 5 Ba ti enkosini, Umuntu owasiqedayo, n'owa hlosa ukuba si shabalaliswe si nga sali pakati kwemikaulo yonke ya kwa Israeli, 6 ma si nikwe abantu aba isikombisa emadodaneni ake, si ba hlome ezintini ku Jehova eGibeha li ka Saule oketiweyo uJehova. Ya ti inkosi, Ngi ya kuninika bona.

7 Kodwa inkosi ya m haukela uMefiboshete ka Jonatan ka Saule ngenxa yesifungo si ka Jehova esa si pakati kwabo, pakati ku ka Davida noJonatan ka Saule. 8 Kodwa inkosi ya tata amadodana amabili ka Rizpa indodakazi ka Aya, a e wa zalele uSaule, uArmoni noMefiboshete; namadodana a isihlanu ka Mikali indodakazi ka Saule, a e wa zalela uAdriyeli ka Barzilayi umMeholati: 9 wa ba yisa ezandhleni zamaGibeyon, ba ba hloma ezintini entabeni ngapambi ku ka Jehova, ba wa labo aba isikombisa kanyekanye. Ba bulawa ezinsukwini zokuvuna, ngezokuqala ku sa qalwa ukuvuna ibarle.

10 URizpa indodakazi ka Aya wa tata indwangu yamasaka, wa z'endhlalela yona pezu kwedwala, ku suka ekuqaleni kwokuvuna kwa za kwa telwa pezu kwabo amanzi a sezulwini; a ka vumelanga izinyoni zezulu ukuba zi hlale pezu kwabo emini, nezilwane za sendhle ebusuku. 11 Kwa tshelwa uDavida okwenziwe uRizpa indodakazi ka Aya, isancinza si ka Saule.

12 UDavida wa hamba wa tata amatambo ka Saule namatambo ka Jonatan indodana yake ku bantu ba seJabeshe-giliyadi aba be w'ebile esigcawini sa seBete-shan, lapo amaFilisti a e ba panyeke kona, mhla uSaule e bulawa amaFilisti eGilebowa; 13 w'enyusa lapo amatambo ka Saule namatambo ka Jonatan indodana yake: ba buta amatambo aba be hlonyelwe ezintini. 14 B'embela amatambo ka Saule na ka Jonatan indodana yake ezweni la kwa Benjamin eZela, etuneni li ka Kishe uyise: b'enza konke okwa yalezwa inkosi. Ngasemva kwa loko uNkulunkulu wa ncengeka ngenxa yezwe.

15 AmaFilisti a pinda a lwa no-Israeli; w'ehla uDavida, abantu bake be naye, ba lwa namaFilisti. Wa simze wa dangala nje uDavida; 16 uIshbi-benobi owa e ngowabantwana bomdondoshiya, o sisindo somkonto wake sa si amashekeli etusi a ngamakulu amatatu, e binca inkemba entsha, wa e ti u za kumbulala uDavida. 17 Kodwa uAbishayi ka Zeruya wa m siza, wa shaya umFilisti wa m bulala. Amadoda ka Davida a s'e funga kuye, a ti, A u sa yi kupuma impi nati, funa u cime isibani sa kwa Israeli.

18 Kwa ti ngasemva kwa loku, kwa ba kona impi futi namaFilisti eGobi: uSibekayi umHushati wa bulala uSafi, owa e ngowamadodana omdondoshiya. 19 Kwa pinda kwa ba kona impi namaFilisti eGobi; uElhanan ka Jare-oregim wa seBetelehem wa bulala uGoliya umGiti, oti lomkonto wake lwa lu njengomqadi womaluki. 20 Kwa ba kona impi futi eGati, lapo kwa ku kona umuntu omude, owa e neminwe e isitupa ezandhleni nga sinye, nezinzwani ezi isitupa ezinyaweni nga lunye, ku amashumi amabili nane ku konke; naye futi wa zalwa umdondoshiya. 21 Lapo e dhlelesela uIsraeli, uJonatan ka Shimehi umfo wabo ka Davida wa m bulala. 22 Laba bobane ba zalwa umdondoshiya eGati; ba wiswa isandhla si ka Davida, nesandhla sezinceku zake.

22 UDavida wa kuluma ku Jehova amazwi a le ngoma ngosuku a m opula ngalo uJehova esandhleni sezita zonke zake, na sesandhleni si ka Saule: 2 wa ti,

UJehova u iwa lami, nenqaba yami, nomkululi wami, mina;
3 UNkulunkulu, itshe lami, engi ya kupepela kulo;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ihubo li ka Davida.

Isihlangu sami, nopondo olungisindisayo, umboshongo wami opakemeyo, nehlati lami;
Msindisi wami, u ya ngi sindisa ebudhloveni.
4 Ngo teta uJehova, o fanele ukudunyiswa:
Ngi sindiswe eziteni zami.
5 Ngoba amadhlambi okufa a ngi kaka;
Izikukula zobuhatanga za ngi twetwezelisa:
6 Izintambo zeSheoli za ngi tandela;
Izihibe zokufa za ngi hiba.
7 Osizini lwami nga teta uJehova;
Yebo, nga teta uNkulunkulu wami:
Yenake w'ezwa izwi lami e setempelini lake,
Ukukala kwami kwa ngena ezindhlebeni zake.
8 Umhlaba wa se u dikizela wa zamazama,
Izisekelo zezulu za gedezela
Za dikizela, ngokuba wa e tukutele.
9 Kw'enyuka umusi u puma emakaleni ake,
Umlilo o puma emlonyeni wake wa dhla:
Amalahle a vutiswa iwo.
10 Yena wa tobisa izulu, w'ehla;
Kwa ku kona ubumnyama obu te mbe pansi kwezinyawo zake.
11 Wa kwela pezu kwekerubi, wa ndiza;
Yebo, wa bonwa e semapikweni omoya.
12 W'enza ubumnyama bu be amadokodo ampahlayo,
Ukuqoqana kwamanzi, izingqimba zamafu esibakababaka.
13 Ekukazimuleni oku pambi kwake
Kwa vutiswa amalahle omlilo.
14 UJehova u l'enze la duma izulu,
OPezu Konke wa pimisa izwi lake.
15 Wa tuma imicibisholo, wa ba hlakaza;
Nonyazi, wa ba didizelisa.
16 Kwa se ku bonakala imihohoba yolwandhle,
Nezisekelo zezwe z'ambulwa,
Ngokukuza ku ka Jehova,
Ngokufuta kwomoya wamakala ake.
17 Wa tuma e pezulu wa ngi tata;
Wa ng'enyula emanzini amaningi;
18 Wa ng'opula esiteni sami esi namandhla,
Kwabangizondayo; ngokuba ba be qinile kunami.
19 Ba ngi fikela ngosuku lwamahlekelele ami;
Kepa uJehova wa ba uzime lwami.
20 Wa ngi pumisela endaweni ebanzi;
Wa ngi kulula, ngokuba e ng'enamele.
21 UJehova u ngi vuzile njengokulunga kwami;
U buyisele kimi njengokuhlanzeka kwezandhla zami.
22 Ngokuba ngi gcinile izindhlela zi ka Jehova,
A ngi mukanga ku Nkulunkulu wami ngokushinga.
23 Ngokuba onke amasiko ake a be pambi kwami;
Izimiso zake kambe, a ngi mukanga kuzo.
24 Nga ngi opeleleyo nga kuye;
Nga zigcina ebubini bami.
25 Ngakoke uJehova u buyisele kimi njengokulunga kwami,
Njengokuhlanzeka kwami emehlweni ake.
26 Kuye o nesihau wo zibonakalisa u nesihau;
Kuyo indoda epeleleyo wo zibonakalisa u pelele.
27 Kuye ocwebileyo u ya kuzibonakalisa u cwebile;
Kuye oxabileyo wo zibonakalisa u isigwegwe.
28 U ya kusindisa abantu abahlupekayo;
Kodwa amehlo ako a pezu kwabazipakamisayo, ukuze u ba tobise.
29 Ngokuba wena u isibani sami, Jehova;
UJehova u ya kukanyisa ubumnyama bami.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ihubo li ka Davida. Ingoma yake yokugcina.

30 Ngoba ngawe ngi gijimela eviyweni;
NgoNkulunkulu wami ngi y'eqa utango.
31 UNkulunkulu, indhlela yake i pelele:
Izwi li ka Jehova li vivinyiwe;
U isihlangu kubo bonke aba pepela kuye.
32 Ngokuba ngubani o nguNkulunkulu kupela uJehova na?
Ngubani o itshe ngapandhle ku ka Nkulunkulu wetu na?
33 UNkulunkulu u inqaba yami eqinileyo;
U ya kapa opeleleyo endhleleni yake.
34 Wenza izinyawo zake zi be njengezendhluzelekazi,
U ngi misa ezindaweni zami ezipakemeyo.
35 U fundisa izandhla zami ukulwa,
Izingalo zami zi ze si nsale umnsalo wetusi.
36 U ngi nikile isihlangu sosindiso lwako;
Ukutoba kwako ku ngenze nga ba mkulu.
37 Wa z'enzela indawo e banzi izinyatelo zami pansi kwami;
Izinyawo zami a zi shelelanga.
38 Ngi zi xoshile izita zami, nga zi shabalalisa;
A ngi buyanga za ze za qedwa.
39 Ngi zi dhlile, nga zi debeza, ngangoba zi nge vuke:
Yebo, zi wile pansi kwezinyawo zami.
40 Ngokuba u ngi bincisile ubuqawe bokulwa;
U ba guqisile pansi kwami abangivukelayo.
41 Wenze izita zami zi ngi fulatele,
Ukuze ngi ba nqume abangizondayo.
42 Ba bheka, a ku bangako osindisayo;
Na ku Jehova, kodwa a ka ba pendulanga.
43 Konake nga ba colisisa kuhle kwotuli lomhlabati,
Nga ba gxoba njengodaka lwesitaladi, nga ba kanda ba ba ucwecwe.
44 U ngi kululile ekuxabaneni kwabantu bami;
U ngi geinile ukuba ngi be inhloko yezizwe:
Abantu e be ngi nga b'azi ba ya kungikonza.
45 Abezizwe ba ya kuzincayisela kimi:
Bo t'ukungizwa nje ngendhlebe, ba ngi lalele.
46 Abezizwe ba ya ncipa,
Ba pume ezikanisweni zabo be gubhuzela.
47 U kona uJehova; ma li bongwe itshe lami;
Ma ka pakanyiswe uNkulunkulu, itshe elingisindisayo,
48 Yebo, uNkulunkulu ongipindiselayo,
N'o wehlisela pansi izizwe pansi kwami,
49 Nongikipayo eziteni zami:
Yebo, u ya ngi pakamisa ngapezu kwabo abangivukelayo;
U ya ng'opula ku muntu o isidhlova.
50 Ngakoke ngi ya kukubonga wena, Jehova, pakati kwezizwe,
Ngi hubele igama lako.
51 U ya yi nika usindiso olukulu inkosi yake,
U pata ngesihau ogcotshiweyo wake,
UDavida, nenzalo yake ku ze ku be nini.

23 Yilawake amazwi okugcina ka Davida.
UDavida ka Jese u ti,
Umuntu owa pakanyiselwa pezulu u ti,
Ogcotshiweyo ka Nkulunkulu ka Jakobe,
Nomhlabeleli omnandi wa kwa Israeli:
2 UMoya ka Jehova wa kuluma ngami,
Izwi lake la li solimini lwami.
3 UNkulunkulu ka Israeli wa ti,
Itshe li ka Israeli la kuluma kimina, la ti:

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ingoma yokugcina. Amaqawe ka Davida. Amanzi a seBetelehem.

O busa abantu ngokulunga,
O busa esaba uNkulunkulu,
4 U ya kuba njengokukanya kwa kusasa, ekupumeni kwelanga,
Insasa e nge nawo amafu,
Ekuhlumeni kwohlaza emhlabeni,
Se li sile emva kwemvula.
5 Impela indhlu yami a i njalo ku Nkulunkulu;
Noko wenze nami isivumelwano esimiyo njalo,
Si hleliwe ezintweni zonke, si qinisekile:
Ngokuba loku ku ukusindiswa kwami konke, ku ukwenama kwami konke,
Noma e nga ku hlumisi.
6 Kodwa amahatanga onkana a ya kuba njengameva acilizwayo,
Ngokuba e nge na kupatwa ngesandhla;
7 Umuntu owatintayo
Ma ka hlonyiswe ngensimbi na ngoti lomkonto:
Wona a ya kushiswa qotu ngomlilo endaweni yawo.

8 Yilawa amagama eziqwaga a e nazo uDavida: uJoshebe-bashebete umTakemon, inhloko yezinduna; uyena owa pakamisa umkonto wake, wa lwa nabantu aba ngamakulu a isishiyangalombili, aba bulawa ngasikati sinye.

9 Emva kwake nguElazare ka Dodayi indodana yomAhohi, omunye wabatatu aba iziqwaga eza zi no-Davida, lapo be dhlelesela amaFilisti a e butene ukulwa, abantu ba kwa Israeli se be hambile. 10 Wa suka, wa shaya amaFilisti kwa za kwa katala isandhla sake, isandhla sake sa namatela enkembeni; uJehova w'enza ukunqoba okukulu nga lolo suku; abantu ba buya ba m landela ukubuta impango kupela.

11 Emva kwake nguShama ka Age umHarari. AmaFilisti a e butene a ba ibuto, lapo kwa ku kona isiqepu sezwe si gcwele imbumba; abantu ba baleka pambi kwamaFilisti. 12 Kepa w'ema pakati kwesiqepu, wa si vikela, wa wa bulala amaFilisti; uJehova w'enza ukunqoba okukulu.

13 Abatatu kwaba ngamashumi amatatu aba izinhloko b'ehla, ba fika ku Davida ngesikati sokuvuna emhumeni wa seAdulam; ibuto lamaFilisti la li ngenise esigodini samaRefa. 14 UDavida wa e se senqabeni; amaFilisti a e sekandeni eBetelehem. 15 UDavida wa nxanela, wa ti, Au, sengati ngi nga puziswa amanzi omtombo wa seBetelehem o nga sesangweni! 16 Iziqwaga ezintatu za fuzula ekamu lamaFilisti, z'aka amanzi emtonjeni wa seBetelehem owa u nga sesangweni, za wa twala, za wa leta ku Davida: kodwa a ka vumanga ukuwapuza, wa wa tululela ku Jehova. 17 Wa ti, A ku be kude kimi, Jehova, ukuba ng'enze loku; ngi puze igazi labantu aba zidel'amatambo na? a ka vumanga ukuwapuza. Lezi zinto z'enziwa ilezo ziqwaga ezintatu.

18 UAbishayi, umfo wabo ka Jowabi ka Zeruya, wa e inhloko ku laba batatu. Wa pakamisa umkonto wake kwaba ngamakulu amatatu, wa ba bulala, wa ba negama pakati kwa labo abatatu. 19 Wa e nge siye otusekayo ku labo batatu na? ngakoke wa ba induna yabo: noko ka finyelelanga kwabatatu bokuqala.

20 UBenaya ka Jehoyada, indodana yomuntu o iqawe wa seKabezeli, owa enze imisebenzi emikulu, wa bulala amadodana amabili ka Ariyeli wa kwa Moabe: w'ehla futi wa bulala ingonyama pakati kwomgodi ngesikati si ka ngqoqwane. 21 Wa bulala umuntu wa sEgipite o isijaqaba: owa sEgipite wa e pete umkonto esandhleni sake; kodwa yena w'ehlela kuye e pete induku, wa hlwita umkonto esandhleni s'owa sEgipite, wa m bulala ngomkonto wake. 22 Lezi zinto z'enziwa uBenaya ka Jehoyada, wa ba negama pakati kweziqwaga ezitatu. 23 Wa e tuseka kunaba ngamashumi amatatu, kodwa ka finyelelanga kwabatatu bokuqala. UDavida wa m misa ukuba a pate abalindi bake.

24 UAsaheli umfo wabo ka Jowabi wa e ngomunye waba ngamashumi amatatu; uElhanan ka Dodo wa se-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Betelehem, 25 uShama wa seHarodi, uElika wa seHarodi, 26 uHeleze wa sePeleti, uIra ka Ikeshe wa seTekowa, 27 uAbiyezere wa seAnatoti, uMebunayi wa seHushati, 28 uZalemon umAhohi, uMaharayi wa seNetofati, 29 uHelebe ka Bahana wa seNetofati, uItayi ka Ribayi wa seGibeha laba kwa Benjamin, 30 uBenaya wa sePiraton, uHidayi wa nga semifulaneni ya seGahashe, 31 uAbialbon wa seAraba, uAzemavete wa seBahurim, 32 uEliyaba wa seShahalebon, amadodana ka Jashen, uJonatan, 33 uShama wa seHarari, uAhiyam ka Sharari wa seArari, 34 uElifelete ka Ahasebayi indodana yowa seMahaka, uEliyam ka Ahitofeli wa seGilo, 35 uHezero wa seKarmeli, uParayi wa seArbi, 36 uIgali ka Natan wa seZoba, uBani umGadi, 37 uZeleki umAmon, uNaharayi wa seBeroti, izindibi zezikali zi ka Jowabi ka Zeruya, 38 uIra umItri, uGarebe umItri, 39 uUriya umHiti: be ngamashumi amatatu nesikombisa be bonke.

24 Ulaka lu ka Jehova lwa buya lwa vuta ngoIsraeli, wa vusa uDavida ngabo e ti, Hamba, u yo bala uIsraeli noJuda. 2 Inkosi ya ti ku Jowabi induna yempi o be nayo, A ke u hambahambe ezizweni zonke za kwa Israeli, u suke kwa Dan u ze u fike eBere-sheba, ni bale abantu, ukuba ngi w'azi umumo wabantu. 3 Wa ti ke uJowabi enkosini, UJehova uNkulunkulu wako ma k'engeze ku bantu, nakuba be nga ba bangapi, ku pindwa ngekulu; amehlo enkosi yami, inkosi yezwe, a ku bone: kodwa inkosi yami, inkosi yezwe, yenameleleni le nto na? 4 Kepa noko, izwi lenkosi l'ahlula uJowabi nezinduna zempi. Wa pumake uJowabi nezinduna zempi pambi kwenkosi ukuba ba bale abantu ba kwa Israeli. 5 Ba wela iJordan, ba ngenisa eArohere, nga kwesokunene kwomuzi o ngapakati kwesihlambo sa kwa Gadi, na nga seJazere: 6 ba se be fika kwa Giliyadi na sezweni la seTatim-hodeshi; ba fika eDan-jahan, ba zungeza ba ya eSidon, 7 ba fika enqabeni ya seTire, na semizini yonke yamaHivi, neyamaKanan; ba pumela nga seningizimu kwela kwa Juda, eBere-sheba. 8 Se be hambahambe ezweni lonke, ba fika eJerusalem ekupeleni kwezinyanga ezi isishiyangalolunye nezinsuku ezi ngamashumi amabili. 9 UJowabi wa yi nika inkosi umumo wabantu ngokubalwa kwabo: kwa ku kona kwa Israeli abantu aba ngamaqawe a izinkulungwane ezi ngamakulu a isishiyangalombili aba hloma inkemba; abantu ba kwa Juda ba be abantu aba izinkulungwane ezi ngamakulu a isihlanu.

10 UDavida wa hlabeka enhliziyweni emva kwokuba e se bale abantu. UDavida wa ti ku Jehova, Ng'onile kakulu nga loku engikwenzileyo: kodwa kalokuke, Jehova, a ke u dhlulise ububi benceku yako; ngokuba ngi ntumazele kakulu. 11 Wa t'uba a vuke uDavida kusasa, izwi li ka Jehova la fika ku Gadi umprofeti, umboni ka Davida, li ti, 12 Hamba, u kulume ku Davida, u ti, U ti uJehova, Ngi beka pezu kwako izinto ezintatu: keta i benye kuzo ukuba ngi y'enze kuwe. 13 UGadi wa fikake ku Davida, wa m tshela, wa ti kuye, Ku fike kambe kuwe iminyaka e isikombisa yendhlala ezweni lako na? kuko u balekele izita zako izinyanga ezintatu zi ku xosha na? kuko ku be kona ubadane lokufa izinsuku ezintatu ezweni lako? Manje yazi u zibonele izwi engi za kulibuyisela kongitumileyo. 14 Wa ti ke uDavida ku Gadi, Ngi nyinyekile kakulu: ma si wele esandhleni si ka Jehova; ngoba isihe sake sikulu; ma ngi nga weli esandhleni somuntu.

15 UJehova wa leta ubadane lokufa kwa Israeli, kwa qala kusasa kwa ze kwa ba isikati esimisiweyo; kwa fa ku bantu izinkulungwane ezi ngamashumi a isikombisa, ku suka kwa Dan ku ze ku gcine eBere-sheba. 16 Kwa t'ukuba ingelosi i yise isandhla sayo kulo iJerusalem ukulicita, uJehova wa zisola nga lobu bubi, wa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UDavida waka ilati esibuyeni si ka Aravena.

ti kuyo ingelosi e bubisa abantu, Kwanele; yeketisa isandhla sako. Ingelosi ka Jehova ya i nga sesibuyeni si ka Aravena umJebusi. **17** Wa ti uDavida ukubona ingelosi e bulala abantu, wa kuluma ku Jehova, wa ti, Bheka, ng'onile mina, ng'enzile ngobupoxo; kodwa lezi zimvu, z'enzeni na? isandhla sako ma si be pezu kwami, na pezu kwendhlu ka baba.

18 UGadi wa fika nga lolo-suku ku Davida, wa ti kuye, Yenyuka, wakele uJehova ilati esibuyeni si ka Aravena umJebusi. **19** W'enyukake uDavida njengokusho ku ka Gadi, njengaloku akuyalayo uJehova. **20** UAravena wa lunguza, wa bona inkosi nezinceku zayo zi za nga kuye: wa pumake uAravena, wa kotama pambi kwenkosi e beka pansi ubuso. **21** Wa ti uAravena, Inkosi yami, inkosi yezwe, i babeleni encekwini yayo na? Wa ti uDavida, Ngi zo tenga isibuya kuwe, ukuba ngakele kona uJehova ilati, ukuze lesi sifo si nqamuke ku bantu. **22** Wa s'e ti uAravena ku Davida, Inkosi yami, inkosi yezwe, mayi tate i nikele loko okuhle emehlweni ayo: bheka, izinkomo zomnikelo oshiswayo, nezibhulo nempahla yokubopela izinkomo i be izinkuni: **23** konke loku, nkosi, uAravena u ya ku nika inkosi. Wa ti ke uAravena enkosini, UJehova uNkulunkulu wako ma ka kwamkele. **24** Ya ti inkosi ku Aravena, Qake; ngi za kusitenga nokusitenga kuwe ngentengo; a ngi yi kunikela iminikelo eshiswayo ku Jehova uNkulunkulu wami ng'engi ku tola ngeze. UDavida wa si tengake isibuya nezinkomo ngamashekeli esiliva a ngamashumi a isihlanu. **25** UDavida w'akela uJehova ilati kona, wa nikela iminikelo eshiswayo neminikelo yokutula. UJehova wa ncengeka ngenxa yezwe, isifo sa nqamuka kwa Israeli.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

YAMAKOSI

UAdonija u bamba ubukosi. UBatsheba u ya sola.

1 Inkosi uDavida ya i si gugile i neminyaka eminingi; ba y'embesa ngezingubo, kodwa a i fudumalanga. **2** Izinceku zayo za ti ke kuyo, Ma ku funelwe inkosi yami, inkosi yezwe, iqikiza lentombi: ma li be pambi kwenkosi, li be umongi wayo; li lale esifubeni sako, ukuze inkosi yami, inkosi yezwe, i fudumale. **3** Ba funake iqikiza elihle pakati kwemikaulo yonke ya kwa Israeli, ba fumana uAbishagi wa seShunem, ba m yisa enkosini. **4** Leli qikiza la lihle kakulu; la ba umongi wenkosi, la yi konza; kepa a i yanga kuyo inkosi.

5 UAdonija ka Hagiti wa e se zipakamisa, e ti, Ngi za kuba inkosi: wa zilungisela izinqolana zempi nabakwel'amahashi, namadoda a ngamakulu a isihlanu ukugijima ngapambili kwake. **6** Uyise wa e nga m enzanga buhlungu zonke izinsuku zake ngokuti, Wenzeleni loku na? wa e muhle kakulu yena e ngumbakabaka; welama uAbsalom. **7** Wa cebisana noJowabi ka Zeruya, noAbiyatare umpristi: laba ba m landela uAdonija, ba m siza. **8** Kodwa uZadoki umpristi, noBenaya ka Jehoyada, noNatan umprofeti, noShimehi, noReyi, neziqwaga uDavida a e nazo, a ba banga nga ku Adonija. **9** UAdonija wa hlaba izimvu, nezinkomo, namatole akulupalisiweyo nga setsheni la seZohelete, eli seceleni kwa seEn-rogeli; wa mema bonke abafo wabo, amadodana enkosi, nabantu bonke ba kwa Juda, izinceku zenkosi: **10** kepa uNatan umprofeti, noBenaya, neziqwaga, noSolomon umfo wabo, ka ba memanga.

11 UNatan wa s'e kuluma ku Batsheba unina ka Solomon, wa ti, Ka u zwanga yini ukuba uAdonija ka Hagiti u se inkosi, e ng'azi uDavida inkosi yetu na? **12** Wozake, a ke ngi ku luleke, ukuze u hlangulise ikanda lako kanye nekanda lendodana yako uSolomon. **13** Hamba, u ye enkosini uDavida, u ti kuyo, Konje, a u funganga yini, wena, nkosi yami, nkosi yezwe, kuyo incekukazi yako, u ti, Impela, uSolomon indodana yako u ya kubusa emva kwami, ku hlale yena esihlalweni sami sobukosi? poke, u buselani uAdonija? **14** Bheka, wo ti u sa kuluma nenkosi kona, nami ngi ngene ngasemva kwako, ngi wa qinise amazwi ako.

15 UBatsheba wa e se ngena enkosini ekamelweni: inkosi ya i si gugile kakulu; uAbishagi wa seShunem wa e konza inkosi. **16** UBatsheba wa kotama, wa kuleka enkosini. Ya ti ke inkosi, U babelani na? **17** Wa ti kuyo, Nkosi yami, wena wa funga uJehova uNkulunkulu wako kuyo incekukazi yako, wa ti, Impela uSolomon indodana yako u ya kubusa emva kwami, ku hlale yena esihlalweni sami sobukosi. **18** Kepa, nangu uAdonija e se busa; wenake, nkosi yami, nkosi yezwe, ka u kwazi loku: **19** u se hlabe izinkomo namatole akulupalisiweyo, kanye nezimvu eziningi, u meme onke amadodana enkosi, noAbiyatare umpristi, noJowabi induna yempi; kodwa ka m memanga uSolomon inceku yako. **20** Wenake, nkosi yami, nkosi yezwe, amehlo ka Israeli wonke a kuwe, ukuba u ba tshele ukuti ubani o za kuhlala esihlalweni sobukosi senkosi yami, inkosi yezwe, emva kwayo. **21** Funa ku ti lapo inkosi yami, inkosi yezwe, i si lele na okoko bayo, mina kanye nendodana yami uSolomon ku tiwe si izoni.

22 Bheka, e sa kuluma nenkosi, uNatan umprofeti wa ngena. **23** Kwa tshelwa inkosi ukuti, Nangu uNatan umprofeti. Wa ti ukungena pambi kwenkosi, wa kotama pambi

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U sekelwa uNatan. Ku gcotshwa uSolomon. U novalo uAdonija.

kwenkosi e beka pansi ubuso. **24** Wa ti ke uNatan, Nkosi yami, nkosi yezwe, konje u te wena, UAdonija u ya kubusa emva kwami, ku hlale yena esihlalweni sami sobukosi na? **25** Ngokuba namhla wehlile, u se hlabe izinkomo namatole akulupalisiweyo nezimvu eziningi, u meme onke amadodana enkosi, nezinduna zempi, kanye no-Abiyatare umpristi; bheka, ba ya dhla ba ya puza pambi kwake, ba ti, Ma i me njalo inkosi uAdonija. **26** Kanti mina, mina nceku yako, no-Zadoki umpristi, noBenaya ka Jehoyada, noSolomon inceku yako, ka si memanga. **27** Kazi le nto yenziwe iyo inkosi yami, inkosi yezwe, na? u nga z'azisanga izinceku zako ukuti ubani o za kuhlala esihlalweni sobukosi senkosi yami, inkosi yezwe, emva kwayo na?

28 Ya se i pendula inkosi uDavida, ya ti, Ngi bizele uBatsheba. Wa ngenake pambi kwenkosi, w'ema pambi kwenkosi. **29** Inkosi ya funga, ya ti, e kona uJehova, o hlenge umpefumulo wami ezinsizini zonke, **30** impela, njengokuba nga funga kuwe uJehova, uNkulunkulu ka Israeli, nga ti, Impela uSolomon indodana yako u ya kubusa emva kwami, ku hlale yena esihlalweni sami sobukosi esikundhleni sami; impela ngi ya kwenze njalo namhlanje. **31** Wa s'e kotama uBatsheba, e beka ubuso pansi, wa kuleka enkosini, wa ti, Inkosi yezwe, inkosi yami uDavida ma ka me ku ze ku be nini.

32 Inkosi uDavida ya ti, Ngi bizele uZadoki umpristi, noNatan umprofeti, noBenaya ka Jehoyada. Ba fikake pambi kwenkosi. **33** Ya ti ke inkosi ku bona, Tatani izinceku zenkosi yenu, ni kwelise uSolomon indodana yami embongolweni yami, ni m ehlisele eGihon; **34** uZadoki umpristi noNatan umprofeti ba m gcobe kona, a be inkosi kwa Israeli; ni shaye icilongo ni ti, Ma i me njalo inkosi uSolomon. **35** Be se nenyuka ngasemva kwake, a fike a hlale esihlalweni sami sobukosi; ngokuba yena u ya kuba inkosi esikundhleni sami; ngi m misile a be isikulu kwa Israeli na kwa Juda. **36** UBenaya ka Jehoyada wa s'e pendula inkosi, wa ti, Amen: uJehova, uNkulunkulu wenkosi yami, inkosi yezwe, ma ka sho njalo naye. **37** Njengokuba uJehova wa be nayo inkosi yami, inkosi yezwe, ma ka be naye uSolomon ngokunjalo, a kulise isihlalo sake sobukosi kunesihlalo sobukosi senkosi yezwe, inkosi yami uDavida.

38 UZadoki umpristi, noNatan umprofeti, noBenaya ka Jehoyada, namaKereti namaPeleti, b'ehlake, ba m kwelisa uSolomon embongolweni yenkosi uDavida, ba m yisa eGihon. **39** UZadoki umpristi wa tata upondo lwamafuta eTenteni, wa gcoba uSolomon. Ba shaya icilongo; abantu bonke ba ti, Ma i me njalo inkosi uSolomon. **40** Abantu bonke b'enyuka ngasemva kwake, abantu ba beta amavenge, ba tokoza ngokutokoza okukulu, ngangoba kwa qekezeka umhlabati ngomsindo wabo.

41 UAdonija nabo bonke abamenyiweyo aba be naye ba wu zwa be sa ti ngqosho ukudhla. Wa ti uJowabi ukuzwa ukukala kwecilongo, wa ti, Owani lo msindo wokuxokozela emzini? **42** Kwa ti e sa kuluma, naku-ke ku fika uJonatan ka Abiyatare umpristi: wa ti uAdonija kuye, Ngena; ngokuba wena u indoda evileyo, u ze nodaba oluhle. **43** Wa pendula uJonatan wa ti ku Adonija, Ayibo, inkosi yetu uDavida, inkosi yezwe, u beke uSolomon a be inkosi: **44** inkosi i m tume noZadoki umpristi, noNatan umprofeti, noBenaya ka Jehoyada, namaKereti namaPeleti; ba m kwelisa embongolweni yenkosi; **45** uZadoki umpristi noNatan umprofeti ba m gcobe eGihon a be inkosi; b'enyuke kona be tokoza, ngangoba kwa duma umuzi. Yiwonake umsindo eniwuzwileyo. **46** Futi uSolomon u hlezi esihlalweni sobukosi sombuso. **47** Futi izinceku zenkosi za fika ukubusisa inkosi yetu uDavida, inkosi yezwe, zi ti, UNkulunkulu wako a l'enze igama li ka Solomon li be lihle kunegama lako, a kulise isihlalo sake sobukosi

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kunesihlalo sako sobukosi: inkosi ya kotama ocansini. 48 Ya ti futi inkosi, Ma ka bongwe uJehova, uNkulunkulu ka Israeli, o ngi nike namhla owokuhlala esihlalweni sami sobukosi, amehlo ami e sa bona nje.

49 Abamenyiweyo bonke ba ka Adonija ba shaywa uvalo, ba suka, ba hamba ilowo ngendhlela yake. 50 W'esaba uAdonija ngenxa ka Solomon; w'esuka, wa ya, wa bamba izimpondo zelati. 51 USolomon wa tshelwa ukuti, Nangu uAdonija esaba inkosi uSolomon; ngokuba nangu, u se bambelele ezimpondweni zelati, e ti, Inkosi uSolomon ma ka funge kimi kuqala ukuti a ka yi kuyibulala inceku yake ngenkemba. 52 Wa ti uSolomon, Uma e ya kuba indoda evileyo, a ku yi kuwa na lunye lwezinwele zake emhlabatini; kodwa uma okubi ku funyenwe kuye, u ya kufa. 53 Inkosi uSolomon ya tumake, ba m ehlisa elatini. Wa fika wa kuleka enkosini uSolomon; uSolomon wa ti kuye, Hamba, u ye endhlini yako.

2 Kwa sondelake izinsuku zi ka Davida ukuba a fe; wa yala uSolomon indodana yake wa ti, 2 Ngi ya hamba ngendhlela yomhlaba wonke: qinake, u be indoda; 3 u londe isilondolozelo si ka Jehova uNkulunkulu wako, u hambe ezindhleleni zake, u gcine izimiso zake, nemiyalo yake, namasiko ake, nezifakazo zake, njengokulotshiweyo emtetweni ka Moses, ukuze u pumelelekuko konkeokwenzayo, na kuko konke o bheke kuko; 4 ukuze uJehova a mise izwi lake alishumayelayo ngami, e ti, Uma nxa abantwana bako be gcina izindhlela zabo, ba hambe pambi kwami eqinisweni ngenhliziyo yonke yabo na ngompefumulo wonke wabo, a ku yi kunqamuka kuwe umuntu (ku sho yena) esihlalweni sobukosi sa kwa Israeli. 5 Futi wena u y'azi loko okwenziweyo kimi nguJowabi ka Zeruya, loko a kwenza ezinduneni ezimbili zempi ya kwa Israeli, ku Abneri ka Neri, na ku Amasa ka Jetere, ababulalayo, wa cita igazi lokulwa ngesikati sokutula, wa beka igazi lokulwa esibambeni sake esa si sokalweni lwake, na sezicatulweni zake eza zi sezinyaweni zake. 6 Yenzake njengokuhlakanipa kwako, bu ng'ehleli ubungwevu bake eSheoli ngokutula. 7 Kepa yenza isihau kuwo amadodana ka Barzilayi umGiliyadi, ma ka be pakati kwa labo aba dhla etafuleni lako; ngokuba b'eza kanjalo kimi ekubalekeni kwami pambi kwomne wenu uAbsalom. 8 Bheka belu, u nawe uShimehi ka Gera, umBenjamin wa se Bahurim, owa ngi tuka ngokutuka kwesankahlu msukwana ngi ya eMahanayim; kodwa w'ehla ukungihlangabeza eJordan, nga funga kuye uJehova, nga ti, A ngi yi kukubulala ngenkemba. 9 Kalokuke u nga m yeki a nga bi nacala, ngokuba wena u yindoda ehlakanipileyo; u ya 'ukwazi oku fanele ukuba u kwenze kuye, wo b'ehlisela ubungwevu bake eSheoli bu negazi.

10 UDavida wa lalake na okoko bake, w'embelwa emzini ka Davida. 11 Izinsuku uDavida a busa ngazo kwa Israeli za zi iminyaka e ngamashumi amane: wa busa iminyaka e isikombisa eHebron, wa busa eJerusalem iminyaka e ngamashumi amatatu nantatu. 12 USolomon wa hlalake esihlalweni sobukosi si ka Davida uyise; umbuso wake wa qiniswa kakulu.

13 Wa e s'eza uAdonija ka Hagiti ku Batsheba unina ka Solomon. Wa ti yena, U ze ngokutula na? Wa ti, Ngi ze ngokutula. 14 Wa ti futi, Ngi nezwi ku wena. Wa ti Kulumake. 15 Wa ti, U y'azi ukuba umbuso wa u ngowami, nokuba uIsraeli wonke wa bhekisa ubuso kimina ukuba ngi buse; kodwa umbuso u guquliwe, u be ngowomfo wetu; ngokuba wa u ngowake ku vela ku Jehova. 16 Kalokuke ngi cela isicelo sinye ku wena; u nga ngi landuleli. Wa ti kuye, Kulumake. 17 Wa ti, A k'u kulume enkosini uSolomon (ngokuba ka yi kulandula kuwe), ukuba a ngi nike uAbishagi wa seShunem a be umkami. 18 Wa ti

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku bulawa uAdonija noJowabi. Ku xoshwa uAbiyatare.

uBatsheba, Ku lungile pela; ngi za kukukulumela enkosini.

19 Ngakoke uBatsheba wa ya enkosini uSolomon ukuba a kulumele uAdonija kuyo. Inkosi y'esuka ukumhlangabeza, ya m kotamela, ya hlala esihlalweni sayo sobukosi, w'enza ukuba ku bekelwe unina wenkosi isihlalo sobukosi; wa hlala nga kwesokunene sake. **20** Wa s'e ti kuye, Ngi cela isicelo sinye esincane kuwe; u nga ngi landuleli. Ya ti inkosi kuye, Celake, mame; ngokuba a ngi yi kukulandulela. **21** Wa ti ke, UAdonija umfo wenu ma ka nikwe uAbishagi wa seShunem a be umkake. **22** Ya pendula inkosi uSolomon ya ti ku nina, U m celelelani uAdonija uAbishagi wa seShunem? M celele pela nombuso futi; ngokuba yena u ngumne wetu; u m celele yena noAbiyatare umpristi, noJowabi ka Zeruya. **23** Ya se i funga inkosi uSolomon uJehova, ya ti, UNkulunkulu a k'enze njalo kimi, elekele futi, uma Adonija e nga kulumanga leli zwi e zidhlisa ngobake. **24** Kalokuke e kona uJehova, o ngi zinzisile, wa ngi hlalisa esihlalweni sobukosi si ka Davida ubaba, wa ng'enzela indhlu njengakukulumayo, impela uAdonija u za kubulawa namhlanje. **25** Inkosi uSolomon ya tuma ngesandhla si ka Benaya ka Jehoyada; wa m ehla, wa fa.

26 Na kuye uAbiyatare umpristi ya ti inkosi, Hamba, u ye eAnatoti emazweni ako; ngokuba wena u ngumuntu wokufa: noko a ngi yi kukubulala namhlanje, ngokuba wa twala umpongolo weNkosi uJehova pambi ku ka Davida ubaba, na ngokuba wena wa hlupeka ngako konke ubaba a hlupeka ngako. **27** USolomon wa m xoshake uAbiyatare a nga be e sa ba umpristi ku Jehova, ukuze a gcwalise izwi li ka Jehova alikulumayo ngayo indhlu ka Eli eShilo.

28 Imbiko ya fika ku Jowabi; ngokuba uJowabi wa e cezukile e landela uAdonija, inganti e be nga cezukanga e landela uAbsalom. UJowabi wa balekela eTenteni li ka Jehova, wa bamba izimpondo zelati. **29** USolomon inkosi wa tshelwa ukuti, UJowabi u se balekele eTenteni li ka Jehova; nangu u nga selatini. USolomon wa s'e tuma uBenaya ka Jehoyada, wa ti, Hamba, u m ehle. **30** UBenaya wa fika eTenteni li ka Jehova, wa ti kuye, I ti inkosi, Puma. Wa ti, Qa; ngi za 'ufela kona lapa. UBenaya wa buyisela izwi enkosini, e ti, UJowabi u te, wa ti, wa ngi pendula kanje. **31** Inkosi ya ti kuye, Yenza njengokusho kwake, u m ehle, u m mbele; ukuze u suse kimi, na kuyo indhlu ka baba, igazi elimsulwa ela palazwa uJowabi. **32** UJehova u ya kubuyisela igazi lake pezu kwekanda lake, ngokuba w'ehla amadoda amabili alungileyo kunaye, wa wa bulala ngenkemba, ubaba uDavida e ng'azi, ngi sho, uAbneri ka Neri, induna yempi ya kwa Israeli, noAmasa ka Jetere, induna yempi ya kwa Juda. **33** Igazi labo li ya kubuyela pezu kwekanda li ka Jowabi, na pezu kwekanda lenzalo yake ku ze ku be nini: kodwa ku Davida na kuyo inzalo yake, na kuyo indhlu yake, na kuso isihlalo sake sobukosi, ku ya kuba kona ukutula oku vela ku Jehova ku ze ku be nini. **34** Wa s'enyuka uBenaya ka Jehoyada, wa m ehla, wa m bulala; wa mbelwa endhlini yake ehlane. **35** Inkosi ya beka uBenaya ka Jehoyada esikundhleni sake ukuba a pate impi; uZadoki umpristi inkosi ya m beka esikundhleni si ka Abiyatare.

36 Inkosi ya tuma ya biza uShimehi, ya ti kuye, Z'akele indhlu eJerusalem, u hlale kona, u nga pumi kona u ye ndawo. **37** Ngoba ngosuku o puma ngalo, u wele umfulana iKidron, yazike isibili ukuti u za kufa nokufa: igazi lako li za kuba pezu kwekanda lako. **38** Wa ti uShimehi enkosini, Leli zwi li lungile: inceku yako i za 'ukwenza njengokusho kwenkosi yami, inkosi yezwe. UShimehi wa hlalake eJerusalem izinsuku eziningi.

39 Kwa ti ke ekupeleni kwemi-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nyaka emitatu, izigqili ezimbili zi ka Shimehi z'eqa za ya ku Akishe ka Mahaka, inkosi ya seGati. UShimehi wa tshelwa ukuti, Bheka, izigqili zako zi seGati. 40 Wa s'e suka uShimehi, wa bopela imbongolo yake, wa ya eGati ku Akishe, ukuba a fune izigqili zake; uShimehi wa ya, wa buyisa izigqili zake eGati. 41 USolomon wa tshelwa ukuti uShimehi u be hambile eJerusalem wa ya eGati, u buyile. 42 Inkosi ya tuma ya biza uShimehi, ya ti kuye, Angiti nga ku fungisa uJehova na, nga gamela kuwe, nga ti, Yazi isibili ukuba ngosuku o puma ngalo, u zihambele u ye napi, u za kufa nokufa na? Wa ti kimi, Izwi engilizwileyo li lungile. 43 Po, a u gcinanga ngani isifungo si ka Jehova, nomyalo enga ku yala ngawo? 44 Ya ti futi inkosi ku Shimehi, U y'azi okubi konke okwaziwa inhliziyo yako, owakwenzayo ku Davida ubaba: uJehova u za kubuyiselake okubi kwako pezu kwekanda lako. 45 Kepa inkosi uSolomon i ya kubusiswa, isihlalo sobukosi si ka Davida si ya kuqiniswa pambi ku ka Jehova ku ze ku be nini. 46 Inkosi ya yala uBenaya ka Jehoyada; wa puma, wa m ehla, wa fa. Umbuso wa qiniseka esandhleni si ka Solomon.

3 USolomon w'aka ubuhlobo noFaro inkosi ya sEgipite, wa tata indodakazi ka Faro, wa yi yisa emzini ka Davida, wa za wa qeda ukwaka indhlu yake, nendhlu ka Jehova, nogange lweJerusalem inxa zonke. 2 Nokoke abantu ba hlabela ezindaweni ezipakemeyo, ngokuba ya i ngeko indhlu eyakelwa igama li ka Jehova kwa za kwa ba ilezo zinsuku. 3 USolomon wa tanda uJehova, e hamba ngezimiso zi ka Davida uyise: noko wa hlabela wa tunqisa impepo ezindaweni ezipakemeyo.

4 Inkosi ya ya eGibeyon ukuba i hlabele kona; ngokuba yona ya i indawo epakemeyo enkulu: uSolomon wa nikela iminikelo eshiswayo e inkulungwane elatini lelo. 5 UJehova wa bonakala ku Solomon eGibeyon ngepupo ebusuku: wa ti uNkulunkulu, Cela o tanda ukuba ngi ku nike kona. 6 Wa ti uSolomon, Wenzele inceku yako uDavida ubaba isihau esikulu, njengokuhamba kwake pambi kwako ngeqiniso, na ngokulunga, na ngobuqoto benhliziyo ku wena; wa m gcinela lesi sihau esikulu, sokuba u m nike indodana i hlale esihlalweni sake sobukosi, njengokuba ku njalo namhla. 7 Kalokuke, Jehova Nkulunkulu wami, wenzile inceku yako i be inkosi esikundhleni si ka Davida ubaba: inganti mina ngi umntwana omncane; ka ngi kwazi nokupuma nokungena. 8 Inceku yako i pakati kwabantu bako obaketileyo, isizwe esi kulu, esi nge na kubalwa, si nge na kutatwa umumo ngobuningi baso. 9 Ngakoke, yi nike inceku yako inhliziyo ezwayo ukwahlulela abantu bako, ngi qaze pakati kwokuhle nokubi; ngoba ngubani o namandhla ukwahlulela abantu bako laba, aba nzima kangaka.

10 Le nkulumo ya banhle emehlweni eNkosi, ukuba uSolomon a cele le nto. 11 Wa ti uNkulunkulu kuye, Ngokuba u cèle le nto, u nga zicelelanga izinsuku eziningi; u nga zicelelanga nengcebo; u nga celanga amakanda ezita zako: u zicelele ukuqonda nokuzwa ekwahluleleni; 12 bhekake, ng'enze njengezwi lako: naku, ngi ku nikile inhliziyo e nokuhlakanipa e nokuqonda; a ka zange a be kona o njengawe ngapambili kwako, na ngasemva kwako a ka yi kuvela o njengawe. 13 Futi ngi ku nikile loko o nga ku celanga, ingcebo nodumo, ngangoba ku nga yi kubako o njengawe pakati kwamakosi ezinsukwini zonke zako. 14 Uma u hamba ngezindhlela zami, u gcine izimiso zami nemiyalo yami, njengokuhamba ku ka Davida uyihlo, ngi ya kwandisa izinsuku zako. 15 Wa papamake uSolomon, kanti yipupo: wa ya eJerusalem, w'ema pambi kwompongolo wesivumelwano si ka Jehova, wa nikela iminikelo eshiswayo, wa nikela neminikelo yokutula, wa z'enzela izinceku zonke zake idili.

16 Kwa se ku fika enkosini abesi-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

USolomon wahlulela kahle indaba yengane. Izinduna zake.

fazana ababili aba izifebe, b'ema pambi kwayo. 17 Omunye owesifazana wa ti, E, nkosi yami, tina si hlala ndhlininye na lo wesifazana; ngi belete ngi naye endhlini. 18 Kwa ti ngosuku lwesitatu se ngi belete, lo wesifazana naye wa beleta; sa si ndawonye; kwa ku ngeko muntu mumbe nati endhlini, itina sobabili kupela endhlini. 19 Umntwana wa lo wesifazana wa fa ebusuku, ngokuba e lale pezu kwake. 20 Wa vuka pakati kwobusuku, wa tata umfana wami eceleni kwami, incekukazi yako i lele ubutongo, wa yi lalisa esifubeni sake, wa lalisa umfana wake ofileyo esifubeni sami. 21 La se ngi vuka kusasa ukuba ngi ncelise umntanami, nga ti, Hau, u se file! kepa se ngi m bukisisile kusasa, kanti, a ku siye umfana wami engimzeleyo. 22 Wa ti omunye owesifazana, Hayi, ozwayo ngumfana wami, ofileyo ngumfana wako. Lo wa ti, Qabo, ofiyelo ngumfana wako, ozwayo ngumfana wami. Ba kuluma kanjaloke pambi kwenkosi.

23 Ya se i ti inkosi, Lo u ti, ngumfana wami lo ozwayo, ngumfana wako ofileyo: lo ke u ti, Qabo; ngumfana wako ofileyo, ngumfana wami ozwayo. 24 Ya ti inkosi, Ngi leteleni inkemba. Ba yisake inkemba pambi kwenkosi. 25 Ya ti inkosi, M dabuleni kabili lo mntwana ozwayo, ni nike omunye inxenye, nomunye inxenye. 26 Wa s'e kuluma enkosini lo wesifazana o ngowake umfana ozwayo, ngokuba imibilini yake ya sha ngomfana wake, wa ti, Ayi, nkosi yami, m nike yena umntwana ozwayo, musa ukumbulala bo. Kepa omunye wa ti, Ma ka nga bi ngowami, a nga bi ngowako; m dabuleni. 27 Ya se i pendula inkosi ya ti, M nikeni lowa umntwana ozwayo, musani ukumbulala: uyena o ngunina. 28 UIsraeli wonke w'ezwa ngesinqumo inkosi e nqume ngaso; w'esaba inkosi: ngoba e bona ukuba ukuhlakanipa ku ka Nkulunkulu ku kuyo, ukwahlulela ngokulungileyo.

4 Inkosi uSolomon ya ba inkosi ku Israeli wonke. 2 Yilezi izikulu eya i nazo; uAzariya ka Zadoki umpristi; 3 uElihorefi noAhija ba ka Shisha, ababhali; uJehoshafati ka Ahiludi, umlobi wezindaba; 4 uBenaya ka Jehoyada wa e pete impi; uZadoki noAbiyatare ba be ngabapristi; 5 uAzariya ka Natan wa e pete izinduna; uZabudi ka Natan wa e isikonzi esikulu, nomhlobo wenkosi; 6 uAhishare wa e pete abendhlu; uAdoniram ka Abeda wa e pete aba hxanyelwa umsebenzi.

7 USolomon wa e nezinduna ezi ishumi nambili ezi pete uIsraeli wonke, ezona za yi funela ukudhla inkosi nabendhlu yayo: ileyo ya yi funela ukudhla inyanga yanye emnyakeni. 8 Yilawa amagama azo: uBenhure, ezintabeni za kwa Efrayim; 9 uBen-dekere, eMakazi eShalebim na seBete-shemeshe na seElon-bete-hanan; 10 uBen-hesede, eAruboti (okwa ku ngelake iSoko nezwe lonke la seHeferi); 11 uBen-abinadabe, empakameni yonke ya seDori (uTafati ka Solomon wa e ngumkake); 12 uBahana ka Ahiludi, eTahanaki na seMegido nalo lonke iBete-shehan eli nga seceleni kweZaretan, enzansi kweJezereli, ku suka eBete-shehan ku ze ku fike eAbeli-mehola, ku ze ku be ngapambili kweJokemeham; 13 uBen-gebere, eRamoti-giliyadi (ya i ngeyake imizana ka Jahire ka Manase, e kwa Giliyadi; sa si ngesake isifunda sa seArgobe esi seBashan, imizi emikulu e ngamashumi a isitupa e nezingange nemivalo yetusi); 14 uAhinadabe ka Ido, eMahanayim; 15 uAhimahazi, kwa Nafetali (yena wa tata uBasemati ka Solomon wa ba umkake); 16 uBahana ka Hushayi, kwa Asheri na seBehaloti; 17 uJehoshafati ka Paruwa, kwa Isakare. 18 uShimehi ka Ela, kwa Benjamin; 19 uGebere ka Uri, ezweni la kwa Giliyadi, ezweni li ka Sihon inkosi yama-Amori neli ka Ogi inkosi ya seBashan; wa e ukupela kwenduna eya i ku lelo zwe.

20 UJuda noIsraeli ba be baningi,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ubukosi nokuhlakanipa ku ka Solomon. Isivumelwano sake noHiram.

be ngangesihlabati sa selwandhle ngobuningi, be dhla be puza be tokoza. **21** USolomon wa busa emibusweni yonke, ku suka eMfuleni ku ze ku be sezweni lamaFilisti, na semkaulweni wa sEgipite: ba leta intela, ba m konza uSolomon izinsuku zonke zokuhamba kwake. **22** Ukudhla ku ka Solomon kwosuku lunye kwa ku impupu ecolekileyo izilinganiso ezi ngamashumi amatatu, nezilinganiso zempupu ezi ngamashumi a isitupa, **23** izinkomo ezikulupeleyo ezi ishumi, nezinkomo ezi ngamashumi amabili za semadhlelweni, nezimvu ezi ikulu, ngapandhle kwezindhluzele, nezinsepe, namanxala, nezinkuku ezikulupalisiweyo. **24** Ngokuba wa e pete izwe lonke eli nganeno kwoMfula, ku suka eTifesa ku ze ku be seGaza, e pezu kwamakosi onke nganeno kwoMfula: wa ba nokutula inxa zonke nga kuye. **25** UJuda noIsraeli ba hlala be londekile, ilowo pansi kwomvini wake na pansi kwomkiwane wake, ku suka kwa Dan ku ze ku be seBere-sheba, izinsuku zonke zi ka Solomon. **26** USolomon wa e nezitali ezi izinkulungwane ezi ngamashumi amane zamahashi ezinqolana zake zempi, nabakwel'amahashi aba izinkulungwane ezi ishumi nambili. **27** Lezo zinduna za yi funela ukudhla inkosi uSolomon, nabo bonke aba sondela etafuleni lenkosi uSolomon, ilowo muntu ngenyanga yake; kwa ku nga silali luto. **28** Ibarle kanye notshani bamahashi, nobamahashi a nejubane, za ku yisa endaweni lapo zi kona ilowo njengakunqunyelwayo.

29 UNkulunkulu wa nika uSolomon ukuhlakanipa nengqondo enkulu kakulu, nenhliziyo ebanzi, ngangesihlabati esi sogwini lolwandhle. **30** Ukuhlakanipa ku ka Solomon kwa dhlula ukuhlakanipa kwabo bonke ba sempumalanga, nokuhlakanipa konke kwa sEgipite. **31** Ngoba wa e hlakanipile kunabantu bonke; kunoEtan umEzra, noHeman, noKalekole, noDarda, amadodana ka Maholi; igama lake la li sezizweni zonke inxa zonke. **32** Wa kuluma iziga ezi izinkulungwane ezintatu; izingoma zake za zi inkulungwane nesihlanu. **33** Wa kuluma ngemiti, ku suka ku msedare wa seLebanon ku ze ku be ihisope eli mila odongeni: wa kuluma futi ngezilwane, na ngezinyoni, na ngezinto ezihuquzelayo, na ngezinhlanzi. **34** Kwa fika aba sezizweni zonke ukuzwa ukuhlakanipa ku ka Solomon, be vela emakosini onke omhlaba, a be zwe ngokuhlakanipa kwake.

5 UHiram inkosi ya seTire wa tuma izinceku zake ku Solomon; ngokuba wa e zwile ukuba ba m gcobile ukuba a be inkosi esikundhleni si ka yise: ngoba uHiram wa e tandana noDavida njalonjalo. **2** USolomon wa tumela ku Hiram, wa ti, **3** U y'azi ukuba uDavida ubaba wa e nge namandhla ukwakela igama li ka Jehova uNkulunkulu wake indhlu ngenxa yezimpi eza zi m haqile, wa ze uJehova wa zi beka pansi kwezinyawo zake. **4** Kepa kaloku uJehova uNkulunkulu wami u ngi pumuzile inxa zonke; kako oyimpi, ka kuko umehlo omubi. **5** Bheka, ngi ti ngi za kwakela igama li ka Jehova uNkulunkulu wami indhlu, njengokuba uJehova wa kuluma ku Davida ubaba, wa ti, Indodana yako, engi za kuyimisa esihlalweni sako sobukosi esikundhleni sako, iyona e ya kwakela igama lami indhlu. **6** Ngakoke ba yale ukuba ba ngi gaulele imisedare eLebanon; abantu bami ba ya kuba kanye nabantu bako; ngi ya kukunika inkokelo yabantu bako, njengako konke o ya ¶kukusho kimi: ngokuba u y'azi ukuti a kuko muntu kiti okwaziyo ukugaula imiti njengamaSidon.

7 Kwa t'uba uHiram ezwe amazwi ka Solomon, wa tokoza kakulu, wa ti, Ma ka bongwe uJehova namhla, o nike uDavida indodana ehlakanipileyo ukuba i pate lesi sizwe esikulu. **8** UHiram wa tumela ku Solomon, wa ti, Se ngi zwile loko o ku tume kimi: mina ngi za kwenza konke okutandayo ngemiti yemisedare, na ngemiti yemifire. **9** Abantu bami ba ya

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kuyehlisa eLebanon ba yi yise elwandhle; ngi ya kuyibangqanisa ukuba i hambe ngolwandhle i ye endaweni o ya kungiyalela yona, ng'enze ukuba i hlakazwe kona, wenake u yi tute lapo; u ya kufeza engikutandayo ngokubapa ukudhla nje abendhlu yami. 10 UHiram wa m nikake uSolomon imiti yemisedare nemiti yemifire njengokutanda kwake konke. 11 USolomon wa nika uHiram izilinganiso ezi izinkulungwane ezi ngamashumi amabili zi ka kolweni, ukudhla kwabendhlu yake, nezilinganiso ezi ngamashumi amabili zamafuta anyisiweyo: uSolomon wa pa uHiram kanjalo iminyaka ngeminyaka. 12 UJehova wa nika uSolomon ukuhlakanipa, njengokusho kwake kuye; kwa ba kona ukutula pakati ku ka Hiram noSolomon; b'enza isivumelwano bobabili.

13 Inkosi uSolomon wa kipa isibhalo ku Israeli wonke; isibhalo sa si abantu aba izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu. 14 Wa ba tumela eLebanon izinkulungwane ezi ishumi ngenyanga be dedelana; ba be ba seLebanon inyanga i benye, ba be sekaya izinyanga ezimbili: uAdoniram wa e pete aba hxanyelwa umsebenzi. 15 USolomon wa e naba twala imitwalo aba izinkulungwane ezi ngamashumi a isikombisa, nababazi ezintabeni aba izinkulungwane ezi ngamashumi a isishiyangalombili; 16 ngapandhle kwezinduna ezinkulu zi ka Solomon eza zi pete umsebenzi, izinkulungwane ezintatu namakulu amatatu, eza zi busa abantu abasebenzayo emsebenzini. 17 Inkosi ya yala, ba kipa amatshe amakulu, amatshe anqabileyo, ukubeka isisekelo sendhlu ngamatshe abaziweyo. 18 Abaki ba ka Solomon kanye nabaki ba ka Hiram namaGebali ba baza, ba lungisa imiti namatshe ukwaka indhlu.

6 Kwa ti ngomnyaka wamakulu amane namashumi a isishiyangalombili ngasemva kwokupuma kwaba kwa Israeli ezweni la sEgipite, ngomnyaka wesine wokubusa ku ka Solomon kwa Israeli, ngenyanga uZivi, e inyanga yesibili, wa qala ukwaka indhlu ka Jehova. 2 Indhlu inkosi uSolomon eya y'akela uJehova, ubude bayo ba bu izingalo ezi ngamashumi a isitupa, ububanzi bayo bu izingalo ezi ngamashumi amabili, ukupakama kwayo izingalo ezi ngamashumi amatatu. 3 Umpeme ngapambili kwetempeli lendhlu, ubude bawo ba bu izingalo ezi ngamashumi amabili ngokobubanzi bendhlu; ububanzi bawo ba bu izingalo ezi ishumi ngapambili kwendhlu. 4 W'enzela indhlu izibuko ezi namahele a te ngqi. 5 Nga sodongeni lwendhlu w'aka izindhlu ezelakanyene inxa zonke, ezindongeni zendhlu inxa zonke, etempelini na sendaweni eyona i ngemuva; w'enza futi amakamelo ezinhlangoti inxa zonke. 6 Indhlu e ngapansi ububanzi bayo ba bu izingalo ezi isihlanu, e pakati ububanzi bayo ba bu izingalo ezi isitupa, eyesitatu ububanzi bayo ba bu izingalo ezi isikombisa; ngokuba ngapandhle w'enza izinqaqa odongeni lwendhlu inxa zonke, ukuze imijanjato i nga bambeleli ezindongeni zendhlu. 7 Indhlu i s'akiwa, y'akiwa ngamatshe a lungiswa emtapweni; a ku zwakalanga sando na zembe na yipi into yensimbi endhlini, i s'akiwa. 8 Umnyango wekamelo lohlangoti eli pakati wa ba secaleni lokunene lendhlu: kw'enyukwa ngesikwelo esizungezayo ukuya endhlini e semkatini, ku punywe kuyo e semkatini ku yiwe kweyesitatu. 9 Wa y'akake indhlu, wa yi qeda; wa fulela indhlu ngemishayo namapulangwe emisedare. 10 W'aka izindhlu ezelakanyene kuyo yonke indhlu, ileyo ukupakama kwayo ku izingalo ezi isihlanu: za bambelela endhlini ngemiti yemisedare.

11 Izwi li ka Jehova la fika ku Solomon la ti, 12 Mayelana na le ndhlu oyakayo, uma u hamba ngezimiso zami, wenze amasiko ami, u gcine imiyalo yami yonke u hambe ngayo; ngi ya kumisa izwi lami kuwe, enga li kuluma ku Davida

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Indawo engcwelengcwele. Amakerubi. Ukuqotshwa kwezindonga.

uyihlo. **13** Ngi ya kuhlala pakati kwaba kwa Israeli, ngi nga ba shiyi abantu bami uIsraeli.

14 USolomon wa y'akake indhlu, wa yi qeda. **15** W'aka izindonga zendhlu ngapakati ngamapulangwe emisedare: ku suka pansi endhlini ku ya emiqadini yopahla, wa shayela ngamapulangwe ngapakati; wa shayela pansi endhlini ngamapulangwe emifire. **16** W'aka nga secaleni lendhlu eli ngasemva izingalo ezi ngamashumi amabili ku suka pansi ku ya emiqadini yopahla ngamapulangwe emisedare: wa z'aka kuyo ngapakati, ku be indawo eyona i ngemuva, indawo engcwelengcwele. **17** Indhlu, oku ukuti itempeli ngapambi kwendawo eyona i ngemuva, ya i izingalo ezi ngamashumi amane. **18** Kwa ku kona umsedare endhlini pakati, u qoshiwe u namatangazane nezimbali eziqakazileyo: konke kwa ku umsedare; a ku bonakalanga 'tshe kona. **19** Wa lungisa indawo eyona i ngemuva endhlini ngapakati, ukuba ku bekwe kona umpongolo wesivumelwano si ka Jehova. **20** Pakati kwendawo eyona i ngemuva kwa ku kona izingalo ezi ngamashumi amabili ubude, nezingalo ezi ngamashumi amabili ububanzi, nezingalo ezi ngamashumi amabili ukupakama kwayo; wa yi faka igolide uqobo: wa shayela ilati ngomsedare. **21** USolomon wa yi fakake indhlu igolide uqobo ngapakati: wa nqumisa ngapambi kwendawo eyona i ngemuva ngamaketanga egolide; wa yi faka nayo igolide. **22** Indhlu yonke wa yi faka igolide, kwa za kwa pela indhlu yonke: nalo lonke ilati ela li elendawo eyona i ngemuva wa li faka igolide.

23 Pakati kwendawo eyona i ngemuva w'enza amakerubi amabili ngemiti yomnqumo, ilelo li pakeme izingalo ezi ishumi. **24** Ipiko elinye lekerubi la li izingalo ezi isihlanu, nepiko elinye lekerubi la li izingalo ezi isihlanu: ku suka ekugcineni kwepiko elinye ku ze ku be sekugcineni kwepiko elinye kwa ku izingalo ezi ishumi. **25** Ikerubi elinye la li izingalo ezi ishumi: amakerubi omabili a be isilinganiso sinye nesimo sinye. **26** Ukupakama kwelinye ikerubi la li izingalo ezi ishumi, nalo elinye ikerubi la li njalo. . **27** Wa wa beka amakerubi endhlini e ngapakati; amapiko amakerubi eluleka, ipiko lelinye la tinta odongeni, nepiko lekerubi elinye la tinta odongeni olunye; amapiko awo a tintana pakati nendhlu. **28** Wa wa faka amakerubi igolide.

29 Wa qopa zonke izindonga zendhlu inxa zonke, wa zi xoza iziqopo zamakerubi namasundu nezimbali eziqakazileyo, ngapakati na ngapandhle. **30** Wa nameka ipansi lendhlu ngegolide, ngapakati na ngapandhle. **31** W'enzela umnyango wendawo eyona i ngemuva izicabha zomuti womnqumo: ikotamo nezinsika za zi okwesihlanu kwodonga. **32** W'enzake izicabha ezimbili ngomuti womnqumo; wa zi qopa iziqopo zamakerubi nezamasundu nezezimbali eziqakazileyo, wa zi faka igolide; wa beka igolide eli izibhebhe pezu kwamakerubi na pezu kwamasundu. **33** W'enzela futi umnyango wetempeli izinsika ngomuti womnqumo, okwesine kwodonga; **34** nezicabha za ba mbili ngomuti womfire: izinxenye ezimbili zesicabha esinye za zi pindana; izinxenye ezimbili zesicabha esinye za zi pindana. **35** Wa qopa kuzo amakerubi namasundu nezimbali eziqakazileyo; wa zi faka igolide, li tiwe ne kokuqoshiweyo. **36** W'aka igceke eli pakati ngezinhla ezintatu zamatshe abaziweyo, nohla lwemishayo yomsedare.

37 Indhlu ka Jehova ya bekwa isisekelo ngomnyaka wesine, ngenyanga uZivi. **38** Ngomnyaka weshumi nanye, ngenyanga uBuli, e inyanga yesishiyangalombili, indhlu ya qedwa ngako konke okwayo, na ngayo yonke imfanelo yayo. Wa y'akake ngeminyaka e isikombisa.

7 USolomon wa be aka indhlu yake iminyaka e ishumi nantatu, wa yi qeda indhlu yake wa yi ti nya. **2** Ngoba w'aka indhlu yehlati la seLebanon; ubude bayo ba bu izi-

Digitized by Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Indhlu ka Solomon. Umsebenzi ka Hiram etempelini.

ngalo ezi ikulu, ububanzi bayo ba bu izingalo ezi ngamashumi a isihlanu, ukupakama kwayo kwa ku izingalo ezi ngamashumi amatatu, pezu kwezinhla ezine zezinsika zomsedare, imishayo yomsedare i pezu kwezinsika. **3** Ya fulelwa ngomsedare pezu kwemishayo e ngamashumi amane nesihlanu eya i sezinsikeni, izinsika ezi ishumi nesihlanu uhla lu lunye. **4** Kwa ku kona imishayo izinhla ezintatu, isibuko sa si malungana nesibuko amahele amatatu. **5** Yonke iminyango nezinsika z'enziwa za lingana izinhlangoti zone ngemishayo: isibuko sa si malungana nesibuko amahele amatatu. **6** W'enza umpeme ngezinsika; ubude bawo ba bu izingalo ezi ngamashumi a isihlanu, ububanzi bawo ba bu izingalo ezi ngamashumi amatatu; zi nompeme ngapambili kwazo; zi nezinsika nomgulugulu ngapambili kwazo. **7** W'enza umpeme wesihlalo sobukosi lapo wa e za kwahlulela kona, umpeme wokwahlulela: wa u shayelwe ngomsedare ku suka pansi ku ya opahleni. **8** Indhlu yake lapo e za kuhlala kona, igceke elinye ngapakati kwompeme, y'enziwa ngokunjalo. Futi w'enzela indodakazi ka Faro (a be yi tatile uSolomon), indhlu e njenga lo mpeme.

9 Konke loku kwa ku okwamatshe anqabileyo, amatshe a baziwe ngesilinganiso, a sahwa ngamasaha, pakati na ngapandhle, ku suka esisekelweni ku ze ku be pezulu nodonga, na ngapandhle ku ze ku be segcekeni elikulu. **10** Isisekelo sa si ngamatshe anqabileyo, amatshe amakulu, amatshe a izingalo ezi ishumi, namatshe a izingalo ezi isishiyangalombili. **11** Ngapezulu kwa ku kona amatshe anqabileyo, amatshe a baziwe ngesilinganiso, nomsedare. **12** Igceke elikulu elizungezileyo la li nezinhla ezintatu zamatshe abaziweyo, nohla lwemishayo yomsedare; njengegceke lendhlu ka Jehova eli pakati, kanye nompeme wendhlu.

13 Inkosi uSolomon ya tuma ya landa uHiram eTire. **14** Yena wa e indodana yomfelokazi wesizwe sa kwa Nafetali, uyise wa e ngumuntu wa seTire, umkandi wetusi; wa e gcwele ukuhlakanipa nokuqonda nokwazi, ukwenza yonke imisebenzi yetusi. Wa ya kuyo inkosi uSolomon, wa sebenza wonke umsebenzi wayo. **15** Ngoba w'enza izinsika ezimbili zetusi, ileyo i izingalo ezi ishumi nesishiyangalombili ukupakama kwayo: umucu o izingalo ezi ishumi nambili wa zungeza izinsika nga inye. **16** W'enza izihloko ezimbili zetusi elibunjiweyo zokubekwa pezu kwezinsika: ukupakama kwesihloko esinye kwa ku izingalo ezi isihlanu, ukupakama kwesihloko esinye kwa ku izingalo ezi isihlanu. **17** Kwa ku kona amaneta a imvakamvaka, nobendhle olwenziwe njengamaketanga, okwezihloko eza zi pezu kwezinsika; ku isikombisa kwesinye isihloko, ku isikombisa kwesinye isihloko. **18** W'enza amaharanate a ba izinhla ezimbili pezu kwemvakamvaka nga inye inxa zonke, ukusibekela izihloko eza zi pezu kwezinsika: wa s'enzela njalo esinye isihloko. **19** Izihloko eza zi pezu kwezinsika empemeni za zi faniswa neminduze, izingalo ezine. **20** Kwa ku kona futi izihloko ezinsikeni ezimbili pezulu, nga sesiswini esi seceleni kwemvakamvaka: amaharanate a be ngamakulu amabili e izinhla inxa zonke esihlokweni esinye. **21** Wa misa izinsika empemeni wetempeli: wa misa insika yesokunene, wa yi ta igama lokuti uJakin; wa misa nensika yesokohlo, wa yi ta igama lokuti uBohazi. **22** Ngapezu kwezinsika kwa ku kona oku faniswa neminduze: kwa pelake ukwenziwa kwezinsika.

23 W'enza ulwandhle oluncibilikisiweyo lu izingalo ezi ishumi ku suka olundini ku ya olundini; lwa lu isiyinge inxa zonke, ukupakama kwalo kwa ku izingalo ezi isihlanu; intambo e izingalo ezi ngamashumi amatatu ya lu zungeza inxa zonke. **24** Pansi kwolundi inxa zonke kwa ku kona amatangazane aluzungezayo, izingalo ezi ishumi, a haqa ulwandhle inxa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ulwandhle lwetusi, nezincwelana, nezincengezi.

zonke: amatangazane a be izinhla ezimbili, a bunjwa ekubunjweni kwalo. **25** Lw'ema pezu kwezinkomo ezi ishumi nambili, ezintatu zi bheke nga senyakato, ezintatu zi bheke nga sentshonalanga, ezintatu zi bheke nga seningizimu, ezintatu zi bheke nga sempumalanga; ulwandhle lwa bekwa pezu kwazo, zonke zi dunuselene. **26** Uhlonze lwalo lwa lu ngangobubanzi besandhla; ulundi lwalo lwa lwenziwe njengolundi lwendebe, njengembali yomnduze: lwa lu lingene namabati a izinkulungwane ezimbili.

27 W'enza izincwelana ezi ishumi zetusi; ubude bencwelana inye ba bu izingalo ezine, izingalo ezine ububanzi bayo, izingalo ezintatu ukupakama kwayo. **28** Ukwenziwa kwencwelana kwa ku nje: za zi nezincwecwe; kwa ku kona izincwecwe pakati kwemiqolo; **29** lu lezi zincwecwe eza zi pakati kwemiqolo kwa ku kona izingonyama, namakerubi; na pezu kwemiqolo kwa ku njalo; pansi kwezingonyama nezinkomo kwa ku kona imigaxo elengayo. **30** Ileyo ncwelana ya i namasondo amane etusi, namaasi etusi; izinyawo ezine za zi namahlombe: ngapansi kwocengezi lokugeza kwa ku kona amahlombe a bunjelwe kona, a nemigaxo eceleni lawo nga linye. **31** Umlomo wayo pakati kwemiqolo ukupakama kwawo kwa ku ingalo: umlomo wayo wa u isiyinge njengokwenziwa kwesisekelo, ingalo nenxenye; emlonyeni wayo kwa ku kona iziqopo; izincwecwe za zi lingene izinhlangoti zone, zi nge siso isiyinge. **32** Amasondo amane a e ngapansi kwezincwecwe; amaasi amasondo a be sezincweleni: ukupakama kwesondo kwa ku ingalo nenxenye. **33** Ukwenziwa kwamasondo kwa ku njengokwenziwa kwesondo lenqolana yempi: amaasi awo, namafelenge awo, nezipokwe zawo, namanamfu awo, kwa ku bunjiwe konke. **34** Kwa ku kona amahlombe amane ezinqutshini zone ezincwelana nga inye: amahlombe ayo a e okwencwelana uqobo lwayo. **35** Ngapezu kwencwelana kwa ku kona oku yisiyinge inxa zonke, inxenye yengalo ngokupakama; ku kona pezu kwencwele izinto zokubamba nezincwecwe. **36** Ezibhebheni zezinto zokubamba na sezincwecweni wa qopa amakerubi, nezingonyama, namasundu, njengendawo yako nga kunye, nemigaxo inxa zonke. **37** W'enza kanjalo izincwelana ezi ishumi: ukubunjwa kwazo zonke kwa ku kunye, nesilinganiso sa sinye, nesimo sa sinye.

38 W'enza izincengezi zokugeza ezi ishumi ngetusi: ucengezi lu lunye lwa lu lingene namabati amashumi amane; ilolo cengezi lwa lu izingalo ezine; kuzo izincwelana ezi ishumi nga inye kwa ku kona ucengezi lokugeza lu lunye. **39** Wa beka izincwelana ezi isihlanu nga secaleni lokunene lendhlu, nezi isihlanu nga secaleni lokohlo lendhlu: ulwandhle wa lu beka nga secaleni lokunene lendhlu nga sempumalanga lu nga seninigizimu.

40 UHiram w'enza izincengezi zokugeza, namafosholo, nemikele. UHiram wa w'enza wa qedake umsebenzi wonke wendhlu ka Jehova a be w'enzela inkosi uSolomon: **41** izinsika ezimbili, nezihloko ezimbili ezi njengezinkamba eza zi pezu kwa lezi zinsika ezimbili; nezimvakamvaka ezimbili zokusibekela izihloko ezimbili ezi njengezinkamba eza zi pezu kwezinsika; **42** namaharanate a ngamakulu amane ezimvakamvaka ezimbili; izinhla ezimbili zamaharanate emvakamvakeni nga inye, ukusibekela izihloko ezimbili ezi fana nezinkamba eza zi pezu kwezinsika; **43** nezincwelana ezi ishumi, nezincengezi ezi ishumi pezu kwezincwelana; **44** ulwandhle lu lunye, nezinkomo ezi ishumi nambili pansi kwolwandhle; **45** namakanzi, namafosholo, nemikele: zonke lezi zimpahla uHiram a z'enzela inkosi uSolomon endhlini ka Jehova, za zi itusi elipucuziweyo. **46** Inkosi ya zi bumbela emfundeni ya seJordan, emhlabatini webumba pakati kweSukoti neZare-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku ngeniswa umpongolo. USolomon u shumayeza abantu.

tan. 47 USolomon wa yeka zonke izimpahla zi nga linganisiwe, ngokuba za zi ziningi kakulu: ukusinda kwetusi kwa ku nge na kutolwa.

48 USolomon w'enzake zonke izimpahla eza zi sendhlini ka Jehova: ilati legolide, netafula legolide, lapo kwa bekwa kona izinkwa zokubhekwa; 49 nezinti zezibani, zi isihlanu ecaleni lokunene, zi isihlanu ecaleni lokohlo, ngapambi kwendawo eyona i ngemuva, ngegolide uqobo; nezimbali, nezibani, nodhlawu, wa kwenza ngegolide; 50 nezindebe, nesizenze, nemikele, nezinkezo, nemicengezi yomlilo, wa kwenza ngegolide uqobo; namahinjisi ezicabha zendhlu e pakati, indawo engcwelengcwele, nawezicabha zendhlu oku ukuti itempeli, wa kwenza ngegolide.

51 Wa pela kanjalo umsebenzi wonke inkosi uSolomon eyawenzayo endhlini ka Jehova. USolomon wa ngenisa izinto eza ngcweliswa uDavida uyise, isiliva, negolide, nezimpahla, wa ku beka ezindhlini zengcebo zendhlu ka Jehova.

8 USolomon wa e se butela amalunga a kwa Israeli, nezinhloko zonke zezizwe, izikulu zezindhlu za oyise zaba kwa Israeli, enkosini uSolomon eJerusalem, ukuba b'enyuse umpongolo wesivumelwano si ka Jehova u puma emzini ka Davida, o jZiyon. 2 Amadoda onke a kwa Israeli a e se butanela enkosini uSolomon emkosini ngenyanga uEtanim, e inyanga yesikombisa. 3 A fika onke amalunga a kwa Israeli, abapristi ba fukula umpongolo. 4 B'enyusa umpongolo ka Jehova, netente lokuhlangana, nezimpahla zonke ezingcwele eza zi seTenteni; lezo abapristi nabaLevi ba z'enyusa. 5 Inkosi uSolomon nenhlangano yonke ya kwa Israeli eya i hlangene kuyo, ya i nayo pambi kwompongolo, be hlaba izimvu nezinkomo, ezi nge na kubalwa, ku tatwe umumo wazo, ngobuningi bazo. 6 Abapristi ba ngenisa umpongolo wesivumelwano si ka Jehova endaweni yawo, endaweni eyona i ngemuva endhlini, endaweni engcwelengcwele, ngapansi kwamapiko amakerubi. 7 Ngokuba amakerubi elula amapiko awo ngapezulu kwendawo yompongolo, amakerubi a sita umpongolo nezinti zawo ngapezulu. 8 Izinti za zi zinde, izihloko zezinti za bonakala endaweni engcwele ngapambi kwendawo eyona i ngemuva; kepa za zi nga bonakali ngapandhle: zi se kona lapo na namhlanje. 9 Kwa ku ngeko luto empongolweni kupela izibhebhe ezibili zamatshe eza bekwa kona uMoses eHorebe, lapo uJehova enza isivumelwano naba kwa Israeli, ekupumeni kwabo ezweni la sEgipite. 10 Kwa ti, abapristi se be pumile endaweni engcwele, ifu la gcwalisa indhlu ka Jehova; 11 abapristi ba be nge na kuma ukukonza ngenxa yefu; ngokuba ubucwazicwazi bu ka Jehova ba gcwalisa indhlu ka Jehova.

12 Wa e se ti uSolomon, UJehova u te u ya kuhlala ebumnyameni obu te mbe. 13 Ngi kwakele nokukwakela indhlu yokuhlala, indawo yako yokuhlala ku ze ku be nini. 14 Inkosi ya se i guquka, ya busisa umbutano wonke wa kwa Israeli; umbutano wonke wa kwa Israeli w'ema. 15 Ya ti, Ma ka bongwe uJehova, uNkulunkulu ka Israeli, owa kuluma ngomlomo wake ku Davida ubaba, u se ku gcwalisile na ngesandhla sake, e ti, 16 Ku sukela osukwini enga kipa ngalo abantu bami uIsraeli Egipite, a ngi ketanga muzi ezizweni zonke za kwa Israeli ukuba kwakiwe kona indhlu, ukuba igama lami li be kona; kodwa nga keta uDavida a pate abantu bami uIsraeli. 17 Kwa ku senhliziyweni ka Davida ubaba ukwakela igama li ka Jehova, uNkulunkulu ka Israeli, indhlu. 18 Kodwa uJehova wa ti ku Davida ubaba, Njengokuba kwa ku senhliziyweni yako ukwakela igama lami indhlu, w'enza kahle ngokuba kwa ku senhliziyweni yako: 19 nokoke, indhlu a i yi kwakiwa uwe; indodana yako e za kupuma okalweni lwako, iyo e ya kwakela igama lami indhlu. 20 UJehova u misile izwi lake alikulumayo; ngoba se ngi velile esikundhleni si ka

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umtandazo ka Solomon wokwahlukanisela itempeli.

Davida ubaba, ngi hlezi esihlalweni sobukosi sa kwa Israeli, njengokusho ku ka Jehova, ng'akele igama li ka Jehova, uNkulunkulu ka Israeli, indhlu. **21** Ngi misile indawo yompongolo kona, oku kona kuwo isivumelwano si ka Jehova, asenzayo na obaba ekubakipeni kwake ezweni la sEgipite.

22 USolomon w'emake pambi kwelati li ka Jehova e bhekene nombutano wonke wa kwa Israeli, w'elulela izandhla zake nga sezulwini; **23** wa ti, E, Jehova, Nkulunkulu ka Israeli, a kako uNkulunkulu o njengawe, ezulwini pezulu, na semhlabeni pansi; o gcina isivumelwano nesihau kuzo izinceku zako, ezi hamba pambi kwako ngenhliziyo yonke yazo; **24** o gcine nenceku yako uDavida ubaba loko owakushoyo kuye: yebo, wa kuluma ngomlomo wako, u ku gcwalisile ngesandhla sako, njengokuba ku njalo namhlanje. **25** Kalokuke, Jehova, Nkulunkulu ka Israeli, gcinela inceku yako uDavida ubaba loko owakushoyo kuye, wa ti, A ku yi kunqamuka kuwe umuntu emehlweni ami ukuhlala esihlalweni sobukosi sa kwa Israeli, uma kupela abantwana bako be qapela indhlela yabo, ba hambe pambi kwami njengokuba wena u hambe pambi kwami. **26** Kalokuke, Nkulunkulu ka Israeli, izwi lako ma li qiniseke owalishoyo ku Davida ubaba inceku yako.

27 Imbala uNkulunkulu u ya kuhlala emhlabeni na? bheka, izulu nezulu lamazulu a li ku lingene; po, kakulu kangakanani le ndhlu engiyakileyo! **28** Kepake ma u yazise umtandazo wenceku yako, nokunxusa kwayo, Jehova, Nkulunkulu wami, u zwe ukumbongoza nokutandaza inceku yako e tandaza ngako pambi kwako namhlanje; **29** ukuba amehlo ako a vulekele le ndhlu ebusuku na semini, le ndawo owa ti ngayo, Igama lami li ya kuba kona; u lalele umtandazo inceku yako e ya kutandaza ngawo i bheke ku le ndawo. **30** U lalele ukunxusa kwenceku yako, nokwabantu bako uIsraeli, lapo be tandaza be bheke ku le ndawo: yebo, u zwe u sezulwini indawo yako yokuhlala; nxa u zwa u tetelele.

31 Uma umuntu ona umakelwane wake, etweswe isifungo sokumfungisa, eze a funge pambi kwelati lako ku le ndhlu; **32** yizwake wena u sezulwini, wenze wahlulele izinceku zako, u lahle ishinga, u buyisele indhlela yalo pezu kwekanda lalo, u tete olungileyo, u m nike njengokulunga kwake.

33 Uma abantu bako uIsraeli be shaywa pansi pambi kwesita ngokuba b'onile kuwe; uma be buyela kuwe ba vume igama lako, ba tandaze ba nxuse kuwe ku le ndhlu: **34** yizwake u sezulwini, u tetelele isono sabantu bako uIsraeli, u ba buyisele ezweni owa li nika oyise.

35 Uma izulu li valekile, imvula i ngeko, ngokuba b'onile kuwe; uma be tandaza be bheke ku le ndawo, ba vume igama lako, ba buye esonweni sabo, nxa u ba hlupa: **36** yizwake u sezulwini, u tetelele isono sezinceku zako, nesabantu bako uIsraeli, ekubayaleleni kwako indhlela elungileyo oku fanele ba hambe ngayo; u nise imvula ezweni lako, o li nike abantu bako li be ifa.

37 Uma ku ba kona indhlala ezweni, uma ku ba kona ubadane lokufa, uma ku ba kona ukuhamuka, nesikuta, nesikonyane, nesicwangubane; uma isita sabo si ba vimbezela ezweni lemizi yabo; nakuba ilupi uhlupo, nakuba ikupi ukufa; **38** nakuba imupi umtandazo nokunxusa oku ya kwenziwa umuntu mumbe, noma yibo bonke abantu bako uIsraeli, aba ya kwazi ilowo uhlupo olu senhliziyweni yake, elulele izandhla zake nga ku le ndhlu: **39** yizwake u sezulwini endaweni yako yokuhlala, u tetelele, wenze, u nike ilowo ngokwezindhlela zonke zake, o nhliziyo yake wena u y'aziyo; (ngokuba nguwe wena wedwa owaziyo izinhliziyo zabantwana bonke babantu;) **40** ukuze ba kwesabe wena izinsuku zonke aba zi hlala ezweni owa li nika obaba.

41 Futi owezizwe, o nge siye owa-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

bantu bako uIsraeli, lapo e ya kupuma ezweni eli kude ngenxa yegama lako **42** (ngokuba ba ya kuzwa ngegama lako elikulu, na ngesandhla sako esi namandhla, na ngengalo yako eyoluliweyo); inxa eza a tandaze e bheke ku le ndhlu; **43** yizwake u sezulwini endaweni yako yokuhlala, wenze njengako konke owezizwe a kala kuwe ngako; ukuze izizwe zonke zomhlaba zi l'azi igama lako, zi kwesabe, njengabantu bako uIsraeli, ukuba z'azi ukuti le ndhlu engiyakileyo i bizwa ngegama lako.

44 Uma abantu bako be puma be yokulwa nesita sabo, na nga yipi indhlela o ba tuma ngayo, be tandaza ku Jehova be bheke ku lo muzi owuketileyo, nendhlu engi y'akele igama lako; **45** yizwake u sezulwini ukutandaza kwabo nokunxusa kwabo, u ba vune.

46 Uma b'ona kuwe (ngoba a kuko muntu ongoniyo), u ba tukutelele, u ba kapele esiteni, si ba tumbele ezweni lesita, nokuba li kude, nokuba li seduze; **47** nokoke uma be kumbula enhliziyweni yabo be sezweni lapo be tunjelwe kona, ba buye ba nxuse kuwe ezweni lababatumbileyo, be ti, S'onile, s'enze ngobupoxo, sa shinga; **48** uma be buyela kuwe ngayo yonke inhliziyo yabo na ngawo wonke umpefumulo wabo ezweni lezita zabo ezibatumbileyo, ba tandaze kuwe be bheke ezweni la kubo, owa li nika oyise, nomuzi owuketileyo, nendhlu engi y'akele igama lako: **49** yizwake ukutandaza kwabo nokunxusa kwabo u sezulwini endaweni yako yokuhlala, u ba vune; **50** u tetelele abantu bako abonileyo kuwe, nokupambuka konke kwabo aba pambuka ngako kuwe; u ba nike isihe pambi kwababatumbileyo, ukuba ba be nesihe kubo. **51** (ngokuba ba ngabantu bako nefa lako, owa li kipa Egipite, ngapakati kwesitando sensimbi); **52** ukuze amehlo ako a vulekele ukunxusa kwenceku yako, nokunxusa kwabantu bako uIsraeli, u ba lalele ekukaleni konke kwabo kuwe. **53** Ngokuba wa b'ahlukanisa nezizwe zonke zomhlaba, ukuba ba be ifa lako, njengokuba wa kuluma ngenceku yako uMoses, ekukipeni kwako obaba Egipite, Nkosi Jehova.

54 Kwa t'uba uSolomon a qede ukutandaza ku Jehova wonke lo mtandazo nokunxusa, wa suka pambi kwelati li ka Jehova, ekuguqeni ngamadolo ake izandhla zake z'elulelwe nga sezulwini. **55** W'ema, wa busisa umbutano wonke wa kwa Israeli ngezwi elikulu, e ti, **56** Ma ka bongwe uJehova, o pumuze abantu bake uIsraeli, njengako konke akutembisayo: a ku wanga na zwi linye lako konke ukutembisa kwake okulungileyo, akutembisayo ngoMoses inceku yake. **57** UJehova uNkulunkulu wetu ma ka be nati, njengokuba wa e na obaba: ma ka nga si shiyi, ma ka nga si deli; **58** ukuze a tambekisele izinhliziyo zetu kuye, si hambe ngezindhlela zonke zake, si gcine imiyalo yake, nezimiso zake, namasiko ake, a yala obaba ngawo. **59** Lawa mazwi ami engi nxuse ngawo pambi ku ka Jehova, ma ka be seduze noJehova uNkulunkulu wetu emini na sebusuku, ukuba a vune inceku yake, a vune nabantu bake uIsraeli, njengokudingekayo imihla ngemihla; **60** ukuze izizwe zonke zomhlaba z'azi ukuba uJehova uyena o nguNkulunkulu; a kako omunye. **61** Ngakoke inhliziyo yenu ma i pelele ku Jehova uNkulunkulu wetu, ni hambe ezimisweni zake, ni gcine imiyalo yake, njenga namhlanje.

62 Inkosi, noIsraeli wonke kanye nayo, ba nikela umhlatshelo pambi ku ka Jehova. **63** USolomon wa nikela ku be umhlatshelo weminikelo yokutula ayinikelayo ku Jehova, izinkomo ezi izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nambili, nezimvu ezi izinkulungwane ezi ikulu namashumi amabili. Inkosi naba kwa Israeli bonke b'ahlukanisela indhlu ka Jehova. **64** Nga lolo suku inkosi ya ngcwelisa umkandhlu wegceke lonke ela li ngapambi kwendhlu ka Jehova; ngokuba wa nikela lapo

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

umnikelo oshiswayo, nomnikelo wempupu, namanoni eminikelo yokutula, ngokuba ilati letusi ela li pambi ku ka Jehova la li lincane, li nga lingani umnikelo oshiswayo, nomnikelo wempupu, namanoni eminikelo yokutula. **65** USolomon w'enza umkosi nga leso sikati, noIsraeli wonke kanye naye, umbutano omkulu, ku suka ekungeneni kweHamati ku ze ku be semfulaneni wa sEgipite, pambi ku ka Jehova uNkulunkulu wetu, izinsuku ezi isikombisa nezinsuku ezi isikombisa, oku ukuti izinsuku ezi ishumi nane. **66** Ngosuku lwesishiyangalombili wa mukisa abantu; ba busisa inkosi, ba ya ematenteni abo be tokoza izinhliziyo zabo zenamile ngenxa yokuhle konke uJehova akwenzileyo ku Davida inceku yake, na ku Israeli abantu bake.

9 Kwa ti uSolomon e se qedile ukwaka indhlu ka Jehova, kanye nendhlu yenkosi, nako konke uSolomon a e ku langazelela w'enamela ukukwenza, **2** uJehova wa bonakala ku Solomon ngokwesibili, njengokuba wa bonakala kuye eGibeyon. **3** UJehova wa ti kuye, Ngi zwile umtandazo wako nokunxusa kwako o nxuse ngako pambi kwami: ngi yi ngcwelisile le ndhlu oyakileyo, ukuba li bekwe kona igama lami ku ze ku be nini; amehlo ami nenhliziyo yami ku ya kuba kona njalonjalo. **4** Wenake, uma u zo hamba pambi kwami, njengokuhamba ku ka Davida uyihlo, ngenhliziyo epeleleyo, na ngobuqoto, wenze njengako konke engi ku yale ngako, u gcine izimiso zami namasiko ami; **5** ngi ya kumisa isihlalo sobukosi sombuso wako kwa Israeli ku ze ku be nini, njengokutembisa kwami ku Davida uyihlo, ngi ti, A ku yi kunqamuka kuwe umuntu esihlalweni sobukosi sa kwa Israeli. **6** Kepa uma ni buya ekungilandeleni, nina noma abantwana benu, ni nga gcini imiyalo yami nezimiso zami engi zi beke pambi kwenu, ni hambe ni konze abanye onkulunkulu, ni kuleke kubo; **7** ngi ya kunquma uIsraeli ezweni engi m nike lona; le ndhlu engi yi ngcwelisele igama lami, ngi ya kuyilahla ebusweni bami; uIsraeli u ya kuba isaga nombinqo pakati kwezizwe zonke. **8** Noma le ndhlu i pakeme kangaka, noko bonke aba dhlula kuyo ba ya kumangala, ba ncimfe, ba ti, UJehova wenzeleni okunje ku leli zwe, na ku le ndhlu na? **9** ku ya kutiwa, Yingoba ba shiye uJehova uNkulunkulu wabo, owa kipa oyise ezweni la sEgipite, ba bambelela konkulunkulu abanye, ba kuleka kubo, ba ba konza: ngakoke uJehova u lete pezu kwabo bonke lobu bubi.

10 Kwa ti ekupeleni kweminyaka e ngamashumi amabili, uSolomon a be aka ngayo izindhlu ezimbili, indhlu ka Jehova nendhlu yenkosi **11** (uHiram inkosi ya seTire wa be e size uSolomon ngemiti yemisedare na ngemiti yemifire, na ngegolide, njengokutanda konke kwake), inkosi uSolomon ya nika uHiram imizi e ngamashumi amabili ezweni la seGalile. **12** UHiram wa puma eTire e ya kobona imizi a yi nikwe uSolomon; a ya m hlaba umxwele. **13** Wa ti, Imizi yani le o ngi nike yona, mfo wetu? Wa yi qamba ngokuti izwe la seKabuli ku ze ku be namhlanje. **14** UHiram wa tuma enkosini amatalenta egolide a ikulu namashumi amabili.

15 Yilesi isisusa sesibhalo esa kishwa uSolomon, ukwaka indhlu ka Jehova, nendhlu yake, neMilo, nogange lweJerusalem, neHazore, neMegido, neGezere. **16** UFaro inkosi ya sEgipite wa enyukile, wa tata iGezere, wa li shisa ngomlilo, wa bulala amaKanan akileyo emzini, wa li nika indodakazi yake, umka Solomon, ku be isipo. **17** USolomon w'aka iGezere, neBete-horon la senzansi, **18** neBahalati, neTamare ehlane, ezweni, **19** nemizi yonke yokubekelela a e nayo uSolomon, nemizi yezinqolana zake zempi, nemizi yabakwel'amahashi bake, na loko uSolomon a be langazelela ukukwaka eJerusalem, na seLebanon, na sezweni lonke eli buswa uye. **20** Abantu bonke aba be sele bamaAmori, na-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

maHiti, namaPerizi, namaHivi, namaJebusi, aba be nge sibo aba kwa Israeli; 21 abantwana babo abasalayo emva kwabo ezweni, aba kwa Israeli aba be nge namandhla ukubashaya ba ba bhuqe, ku bona uSolomon wa kipa isibhalo sobugqili ku ze ku be namhlanje. 22 Kodwa kwaba kwa Israeli uSolomon a k'enzanga izigqili; ba be amadoda okulwa nezinceku zake, nezikulu zake, nezinduna zake, nabapati bezinqolana zake zempi, nababakwel'amahashi bake.

23 Lezi za zi izinduna ezinkulu eza zi pete umsebenzi ka Solomon, zi ngamakulu a isihlanu namashumi a isihlanu, eza pata abantu abasebenzayo emsebenzini.

24 Kepa indodakazi ka Faro y'enyuka emzini ka Davida, ya ya endhlini yayo uSolomon a be y'akele yona: wa s'e aka iMilo.

25 Katatu ngomnyaka uSolomon wa nikela iminikelo eshiswayo neminikelo yokutula elatini a be l'akele uJehova, e tunqisa impepo kanye nayo elatini ela li pambi ku ka Jehova. Wa yi qedake indhlu.

26 Inkosi uSolomon y'enza imikumbi eEziyon-gebere, eli nga seEloti, ogwini loLwandhle oluBomvu, ezweni la seEdom. 27 UHiram wa tuma abantu bake emikunjini, amadoda emikumbi a be e lwazi ulwandhle, be kanye nabantu ba ka Solomon. 28 Ba ya eOfire ba tata kona igolide, amatalenta a ngamakulu amane namashumi amabili, ba li leta enkosini uSolomon.

10 Inkosikazi ya seSheba ya t'ukuzwa udumo lu ka Solomon ngegama li ka Jehova, y'eza ukumvivinya negezimfumbe. 2 Ya fika eJerusalem i nojenga olukulu kakulu, namakamelo e twele amaka, negolide elininga kakulu, namatshe anqabileyo; ya t'ukufika ku Solomon, ya kuluma naye ngako konke okwa ku senhliziyweni yayo. 3 USolomon wa yi vezela konke eyakubuzayo; a ku bangako luto olusitekileyo enkosini e nga yi vezelanga lona. 4 Inkosikazi ya seSheba i si bonile ukuhlakanipa konke ku ka Solomon, nendhlu a be y'akile, 5 nokudhla oku setafuleni lake, nokuhlala kwezinceku zake, nokuma kwezikonzi zake, nokwambata kwazo, naba pata izitsha zake, nezinyatelo zokwenyuka zake enyukela ngazo endhlini ka Jehova; a kwa be ku sa bako moya kuyo. 6 Ya ti enkosini, Lwa lu qinisile udaba enga lu zwa ezweni lami ngezindaba zako, na ngokuhlakanipa kwako. 7 Noko, a ngi kolwanga amazwi nga ze nga fika, a bona amehlo ami: weu, bheka a ngi tshelwanga nenxenye; ukuhlakanipa kwako nenhlanhla yako ku ya dhula udumo engaluzwayo. 8 Ba busisiwe abantu bako, zi busisiwe nezinceku zako lezi, ezi ma njalo pambi kwako, ezi zwa ukuhlakanipa kwako. 9 Ma ka bongwe uJehova uNkulunkulu wako, owenamele wena, ukuba a ku mise esihlalweni sobukosi sa kwa Israeli: yingokuba uJehova wa m tanda uIsraeli kwa pakade, ukuba a ku beke u be inkosi, ukuba wahlulele kahle wenze okulungileyo. 10 Ya nika inkosi amatalenta egolide a ikulu namashumi amabili, namaka amaningi kakulu, namatshe anqabileyo: a ku banga ku sa fika futi amaka a nganga lawo ngobuningi uSolomon inkosi a wa piwa inkosikazi ya seSheba.

11 Futi imikumbi ka Hiram, eya tuta igolide eli vela eOfire, ya leta futi imialmuge emininga kakulu, namatshe anqabileyo ku vela eOfire. 12 Ngemialmuge inkosi y'enzela indhlu ka Jehova nendhlu yenkosi izinsika, nezinkoka nezingubu zabahlabeleli: a i zanga i fike imialmuge enjena, a i zange i bonwe, ku ze ku be namhlanje.

13 Inkosi uSolomon ya nika inkosikazi ya seSheba konke ekutandayo, konke ekucelayo, ngapandhle kwa loko uSolomon a yi nika kona ngokwesandhla sobukosi. Ya buya ya ya ezweni layo, yona kanye nezinceku zayo.

14 Ukusinda kwegolide ela fika ku

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukuceba nobukosi bu ka Solomon.

Solomon ngomnyaka u munye kwa ku amatalenta egolide a ngamakulu a isitupa, namashumi a isitupa nesitupa, 15 ngapandhle kwa lelo ela letwa abahwebi, na lelo ela fika ngokutengisa kwabatengisi, nela vela emakosini onke exubevange, na ku babusi bezwe. 16 Inkosi uSolomon y'enza izihlangu ezi ngamakulu amabili zegolide elikandiweyo; amashekeli a ngamakulu a isitupa egolide enza isihlangu sa sinye. 17 Y'enza amahau egolide elikandiweyo a ngamakulu amatatu; amamane amatatu egolide enza ihau la linye: inkosi ya wa beka endhlini yehlati la seLebanon. 18 Futi, inkosi y'enza isihlalo sobukosi esikulu ngezimpondo zendhlovu, ya si faka igolide elihle kakulu. 19 Kwa ku kona izinyatelo ezi isitupa oku kwelwa ngazo esihlalweni sobukosi, isihloko saso sa si yingiliziwe ngasemva; kwa ku kona imikono ngalapa na ngalapa kwendawo yokuhlala, izingonyama ezimbili za zi mi nga secaleni kwemikono. 20 Izingonyama ezi ishumi nambili za zi mi kona ngalapa na ngalapaya kwezinyatelo ezi isitupa oku kwelwa ngazo: a kwenziwanga okunjalo na ku mupi umbuso. 21 Izitsha zonke zokupuza senkosi uSolomon za zi igolide, nezitsha zonke zendhlu yehlati la seLebanon za zi igolide uqobo: za zi ngeko ezesiliva; la li ngento ya luto emihleni ka Solomon. 22 Ngokuba inkosi ya i nemikumbi ya seTarshishi elwandhle kanye nemikumbi ka Hiram; imikumbi ya seTarshishi ya fika, kanye ngeminyaka emitatu, i tuta igolide, nesiliva, nezimpondo zendhlovu, nezimfene, namapikoko.

23 Inkosi uSolomon ya ba nkulu kunamakosi onke omhlaba ngengcebo na ngokuhlakanipa. 24 Umhlaba wonke wa funa ubuso bu ka Solomon ukuba u zwe ukuhlakanipa kwake, uNkulunkulu a ku beke enhliziyweni yake. 25 Ba leta kwa ilowo isipo sake, izitsha zesiliva, nezitsha zegolide, nezingubo, nezikali, namaka, namahashi, nezimbongolo, okwonyaka ngeminyaka yonke.

Abafazi bake nokweduka kwake.

26 USolomon wa buta izinqolana zempi nabakwel'amahashi: wa e nezinqolana zempi ezi inkulungwane namakulu amane, nabakwel'amahashi aba izinkulungwane ezi ishumi nambili, wa ku beka emizini yezinqolana zempi, na senkosini eJerusalem. 27 Inkosi y'enza isiliva eJerusalem la ba njengamatshe nje, imisedare ya y'enza ya ba njengemitombe yela senzansi, ngobuningi. 28 Amahashi uSolomon a be nawo Egipite; abatengi benkosi ba w'amkela ngamadhlanzi, ilelo dhlanzi ngentengo etile. 29 Inqolana y'enyuka i puma Egipite ngamashekeli esiliva a ngamakulu a isitupa, ihashi ngekulu namashumi a isihlanu; kwa ba njaloke ba letela amakosi onke amaHiti, namakosi a seSiriya, ngezandhla zabo.

11 USolomon inkosi wa tanda abesifazana abaningi bezizwe, kanye nendodakazi ka Faro, amaMoabekazi, namaAmonikazi, namaEdomikazi, namaSidonikazi, namaHitikazi; 2 bezizwe uJehova a be te ngazo kwa ba kwa Israeli, Ni ze ni nga ngeni ku zona, nazo ma zi nga ngeni kinina; ngokuba impela zi ya kucezukisa izinhliziyo zenu zi landele onkulunkulu bazo; uSolomon wa namatela ku bona ngotando. 3 Wa e nabafazi aba ngamakulu a isikombisa, aba ngamadodakazi amakosi, nezancinza ezi ngamakulu amatatu; omkake ba cezukisa inhliziyo yake. 4 Ngoba kwa ti, e se mdala uSolomon, omkake ba cezukisa inhliziyo yake ya landela onkulunkulu abanye; inhliziyo yake a ya pelela ku Jehova uNkulunkulu wake, njengenhliziyo ka Davida uyise. 5 Ngokuba uSolomon wa landela uAshtoreti unkulunkulukazi wamaSidon, noMilkom amanyala amaAmon. 6 USolomon w'enza okubi emehlweni ka Jehova, ka m landelanga uJehova ngokupeleleyo, njengoDavida uyise. 7 Konake uSolomon w'akela uKemoshi, amanyala ka Moabe, indawo epakemeyo, entabeni e ngapambi kweJerusalem, noMoleki amanyala aba kwa Amon. 8 Wa b'enzela

Digitized by Google Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UNkulunkulu u m vusela izita.

ókunjalo bonke omkake bezizwe, aba tunqisa impepo ba hlabela onkulunkulu babo.

9 UJehova wa tukutelela uSolomon, ngokuba inhliziyo yake ya cezuka ku Jehova uNkulunkulu ka Israeli, owa bonakala kuye kabili, **10** wa m yala nga le nto, ukuba a ze a nga landeli abanye onkulunkulu: kepa ka gcinanga loko a m yala ngako uJehova. **11** Ngakoke uJehova wa ti ku Solomon, Njengokuba wenzile loku wena, a u gcinanga isivumelwano sami nezimiso zami, enga ku yala ngazo, iqiniso, ngi ya kuhxebula umbuso kuwe, ngi wu nike inceku yako. **12** Noko, a ngi yi kukwenza loko ezinsukwini zako, ngenxa ka Davida uyihlo: kodwa ngi ya kuwuhxebula esandhleni sendodana yako. **13** Nokoke, a ngi yi kuhxebula umbuso wonke; ngi ya kunika indodana yako isizwe si be sinye, ngenxa ka Davida inceku yami, na ngenxa yeJerusalem engiliketileyo.

14 UJehova wa vusela uSolomon umuntu owa ba yimpi kuye, uHadadi umEdom: yena wa e ngowenzalo yenkosi kwa Edom. **15** Ngokuba kwa ku te, e kwa Edom uDavida, uJowabi induna yempi enyukele ukuyombela ababuleweyo, e bulele abesilisa bonke kwa Edom **16** (ngokuba uJowabi noIsraeli wonke ba hlala kona izinyanga ezi isitupa, wa ze wa nquma bonke abesilisa kwa Edom); **17** wa baleka uHadadi, yena namaEdom atile ezinceku zi ka yise kanye naye, ba ya Egipite, uHadadi e se umntwana omncane. **18** Ba suka kwa Midiyan, b'eza eParan; ba tata amadoda eParan, ba ya nawo Egipite ku Faro inkosi ya sEgipite; yenake wa m nika indhlu, wa m misela ukudhla, wa m nika nezwe. **19** UHadadi wa ba nesasasa elikulu ku Faro, wa m nika udade wabo womkake a be umkake, udade wabo ka Tapenes inkosikazi. **20** Udade wabo ka Tapenes wa m zalela uGenubati indodana yake; wa m lumula uTapenes endhlini ka Faro; uGenubati wa e sendhlini ka Faro

UAhija u profeta ngoJeroboam.

pakati kwamadodana ka Faro. **21** UHadadi wa t'ukuzwa Egipite ukuti uDavida u lele na okoko bake, nokuti uJowabi induna yempi u se file, wa ti uHadadi ku Faro, Ngi dedele ngi hambe, ngi ye ezweni la kiti. **22** UFaro wa s'e ti kuye, Konje u bu swele ntoni kimi na, loku naku u funa ukuya ezweni la kini? Wa ti, A ngi swele luto; noko, ngi dedele nje.

23 UNkulunkulu wa m vusela omunye owa ba yimpi kuye futi, URezon ka Eliyada, owa baleka enkosini yake uHadadezere inkosi ya seZoba. **24** Wa qoqela abantu kuye, wa ba induna yeviyo, lapo uDavida e bulala aba seZoba: ba ya eDamaseku, ba hlala kulo, ba busa eDamaseku. **25** Wa ba oyimpi ku Israeli ezinsukwini zonke zi ka Solomon, ngapandhle kwokubi okwenziwa nguHadadi: wa dinwa uIsraeli, wa busa eSiriya.

26 UJeroboam ka Nebati, umEfrayim wa seZereda, inceku ka Solomon, o gama li ka nina la li nguZeruwa, umfelokazi, naye futi wa pakamisa isandhla sake nga senkosini. **27** Yilesi isisusa sokuba a pakamise isandhla sake nga senkosini: uSolomon w'aka iMilo, wa vimba izikala zomuzi ka Davida uyise. **28** Le ndoda uJeroboam ya i isiqwaga esi iqawe; uSolomon wa bona le nsizwa ukuti i kutele, wa yi patisa wonke umtwalo wendhlu ka Josefa. **29** Kwa ti nga leso sikati ekupumeni ku ka Jeroboam eJerusalem, umprofeti uAhija wa seShilo wa m fumana endhleleni; yena wa embete ingubo entsha; bobabili ba be bodwa endhle. **30** UAhija wa bamba ingubo entsha eya i kuye, wa yi hxebula imidweshu e ishumi nambili. **31** Wa ti ku Jeroboam, Tabata imidweshu e ishumi; ngokuba u ti uJehova, uNkulunkulu ka Israeli, Bheka, ngi ya kuhxebula umbuso esandhleni si ka Solomon, ngi ku nike izizwe ezi ishumi **32** (kodwa yena u ya kuba nesizwe si be sinye ngenxa ka Davida inceku yami, na ngenxa yeJerusalem, umuzi engiwuketileyo ezizweni zonke za kwa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

URehoboam u landela isiluleko esibi.

Israeli); 33 ngokuba ba ngi shiyile, ba kuleka ku Ashtoreti unkulunkulukazi wamaSidon, na ku Kemoshi unkulunkulu wamaMoabe, na ku Milkom unkulunkulu waba kwa Amon; a ba hambanga ngezindhlela zami, ukwenza oku te ntse emehlweni ami, nokugcina izimiso zami namasiko ami, njengoDavida uyise. 34 Nokoke, a ngi yi kutata umbuso wonke esandhleni sake; ngi ya kumenza a be isikulu izinsuku zonke zokuhamba kwake, ngenxa ka Davida inceku yami engamketayo, owa gcina imiyalo yami nezimiso zami; 35 kodwa ngi ya kutata umbuso esandhleni sendodana yake, ngi ku nike wona, izizwe ezi ishumi. 36 Indodana yake ngi ya kuyinika isizwe si be sinye, ukuze uDavida inceku yami a be nesibani njalo pambi kwami eJerusalem, umuzi engi ziketele wona ukuba ngi beke kona igama lami. 37 Ngi ya kukutata wena, u buse njengokufisa konke kwenhliziyo yako; u za kuba inkosi kwa Israeli. 38 Ku za kuti, uma u lalela konke engi ku yala ngako, u hambe ngezindhlela zami, wenze oku te ntse emehlweni ami, u gcine izimiso zami nemiyalo yami, njengokwenza ku ka Davida inceku yami; ngi be nawe, ngi kwakele indhlu eqinisekileyo, njengokuba nga m akela uDavida, ngi ku nike uIsraeli. 39 Ngenxa ya loku ngi ya kuhlupa inzalo ka Davida, kodwa a ku yi kuba njalonjalo. 40 Ngakoke uSolomon wa funa ukubulala uJeroboam; kepa uJeroboam wa suka, wa balekela Egipite ku Shishaki inkosi ya sEgipite, wa hlala Egipite wa ze wa fa uSolomon.

41 Ezinye izindaba zi ka Solomon, nako konke akwenzayo, nokuhlakanipa kwake, angiti ku lotshiwe encwadini yezindaba zi ka Solomon na? 42 Isikati uSolomon a busa ngaso uIsraeli wonke eJerusalem sa si iminyaka e ngamashumi amane. 43 USolomon wa lalake na okoko bake, wa mbelwa emzini ka Davida uyise: uRehoboam indodana yake wa busa esikundhleni sake.

Abantu ba misa uJeroboam.

12 URehoboam wa ya eShekem: ngokuba uIsraeli wonke wa e ze eShekem ukummisa a be inkosi. 2 Kwa t'uba uJeroboam ka Nebati ezwe loko (ngokuba wa e se sEgipite lapo wa e balekele kona e balekela ubuso bu ka Solomon inkosi, uJeroboam wa hlala Egipite; 3 ba tumela ba m biza), uJeroboam kanye nombutano wonke wa kwa Israeli b'eza, ba kuluma ku Rehoboam, ba ti, 4 Uyihlo w'enza ijokwe letu la ba lukuni: kalokuke wena yenza lula ubugqili obulukuni bu ka yihlo, nejokwe lake elisindayo a li beka pezu kwetu, si ya kukukonzake. 5 Wa ti kubo, A ke ni hambe izinsuku zi be ntatu, ni buye ni ze kimi. Ba hambake abantu.

6 Inkosi uRehoboam ya lulekana namalunga a e mi pambi ku ka yise uSolomon e se kona, ya ti, Ni ngi luleka ngokutini ukuba ngi buyisele izwi ku laba bantu na? 7 A kuluma kuye, a ti, Uma wena u ba inceku ya laba bantu namhlanje, u ba konze, u ba pendule, u kulume amazwi amahle kubo, ba ya kuba izinceku zako njalonjalo. 8 Kodwa wa shiya isiluleko samalunga a m luleka ngaso, wa lulekana nezinsizwa ezi intanga yake, ezimiyo pambi kwake. 9 Wa ti ku zona, Ni ngi luleka ngokutini ukuba si buyisele izwi ku laba bantu aba kulume kimi, be ti, Yenza lula ijokwe uyihlo a li beka pezu kwetu? 10 Izinsizwa ezi intanga yake za kuluma kuye, za ti, Yisho loku ku laba bantu aba kulume kuwe, be ti, Uyihlo w'enza ijokwe letu la sinda, wenake l'enze li be lula kitina; wo kuluma kanje ku bona, u ti, Ucikicane wami mkulu kunokalo lu ka baba. 11 Njengokubake ubaba wa n'etwesa ijokwe elisindayo, mina ngi za kwengeza ejokweni lenu: ubaba wa ni laya ngeziswebu, mina ngi za kunilaya nga ofezela.

12 UJeroboam nabantu bonke ba fikake ku Rehoboam ngosuku lwesitatu, njengokusho kwenkosi, i ti, A no buya ni ze kimi ngosuku lwesitatu. 13 Inkosi ya pendula abantu kalu-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kuni, ya shiya isiluleko samalunga a m luleka ngaso, 14 ya kuluma kubo ngokwesiluleko sezinsizwa, ya ti, Ubaba w'enza ijokwe lenu la sinda, mina ngi za kwengeza ejokweni lenu: ubaba wa ni laya ngeziswebu, mina ngi za kuniylaya nga ofezela. 15 Inkosi a i lalelanga abantu; ngokuba kwa ku isiwici esi vela ku Jehova, ukuze a mise izwi lake uJehova alikulumayo ngoAhija wa seShilo ku Jeroboam ka Nebati.

16 Kwa t'uba uIsraeli wonke a bone ukuti inkosi a i ba lalelanga, abantu ba buyisela izwi enkosini, ba ti, Si na sabelo sini ku Davida? a si nafa futi endodaneni ka Jese: ematenteni enu, Israeli: manjeke zibhekele indhlu yako, Davida. Wa yake uIsraeli ematenteni ake. 17 Kodwa aba kwa Israeli abakileyo emizini ya kwa Juda, uRehoboam wa ba busa. 18 Inkosi uRehoboam ya se i tuma uAdoram, owa e pete aba hxanyelwa umsebenzi; uIsraeli wonke wa m kanda ngamatshe, wa fa. Inkosi uRehoboam ya shesha ya kwela enqolaneni yayo yempi ukuba i balekele eJerusalem. 19 UIsraeli wa yi hlamukake indhlu ka Davida ku ze ku be namhlanje. 20 Kwa t'uba uIsraeli wonke ezwe ukuti uJeroboam u buyile, ba tumela ba m bizela enhlanganweni ba m misa a be inkosi kwa Israeli wonke: a ku bangako muntu o landela indhlu ka Davida, isizwe sa kwa Juda kupela.

21 Kwa ti uRehoboam e se fikile eJerusalem, wa buta indhlu yonke ya kwa Juda, nesizwe sa kwa Benjamin, izinkulungwane ezi ikulu namashumi a isishiyangalombili amadoda aketiweyo a lwa impi, ukuba a yokulwa nendhlu ya kwa Israeli, ukubuyisela umbuso ku Rehoboam ka Solomon. 22 Kodwa izwi li ka Nkulunkulu la fika ku Shemaya umuntu ka Nkulunkulu, li ti, 23 Yisho ku Rehoboam ka Solomon, inkosi ya kwa Juda, na kuyo indhlu yonke ya kwa Juda n'eya kwa Benjamin, na ku bantu abaseleyo, u ti, 24 U ti uJehova, Ni ng'enyuki, ni nga lwi nabafo wenu aba kwa Israeli: buyelani ilowo endhlini yake; ngokuba le nto i vela kimina. Ba lalelake izwi li ka Jehova, ba buya ba hamba, njengokusho ku ka Jehova.

25 UJeroboam w'aka iShekem ezintabeni za kwa Efrayim, wa hlala kona; wa puma lapo, w'aka iPenuweli. 26 UJeroboam wa ti enhliziyweni yake, Manje umbuso u za kubuyela endhlini ka Davida: 27 uma laba bantu b'enyukela ukunikela imihlatshelo endhlini ka Jehova eJerusalem, inhliziyo ya laba bantu i za kubuyela enkosini yabo, ku Rehoboam inkosi ya kwa Juda; ba za kungibulala mina, ba buyele ku Rehoboam inkosi ya kwa Juda. 28 Inkosi y'enza icebo, y'enza izinkonyana ezimbili zegolide; ya ti kubo, A ni sa dingi ukukupuka ni ye eJerusalem: nampoke onkulunkulu benu, Israeli, aba kw'enyusa ezweni la sEgipite. 29 Ya beka enye eBeteli, enye ya yi misa eDan. 30 Le nto ya ba isono; ngokuba abantu ba ya kukuleka pambi kwenye, kwa ze kwa ba seDan. 31 W'enza izindhlu zezindawo ezipakemeyo, w'enza abapristi ngabantu bonke nje, aba nge siwo amadodana ka Levi. 32 UJeroboam w'enza umkosi ngenyanga yesishiyangalombili, ngosuku lweshumi nesihlanu lwenyanga, njengomkosi wa kwa Juda, w'enyukela elatini; w'enze njalo na seBeteli, wa hlabela izinkonyana a be z'enzile: wa misa eBeteli abapristi bezindawo ezipakemeyo azenzileyo. 33 W'enyukela elatini a be l'enzile eBeteli ngosuku lweshumi nesihlanu lwenyanga yesishiyangalombili, inyanga a be yi qambe nje ngenhliziyo yake: w'enzela aba kwa Israeli umkosi, w'enyukela elatini ukuba a tunqise impepo.

13 Bheka, kwa vela kwa Juda umuntu ka Nkulunkulu ngezwi li ka Jehova, wa fika eBeteli: uJeroboam wa e mi nga selatini ukuba a tunqise impepo. 2 Wa memeza ilati ngezwi li ka Jehova, wa ti, We lati, lati, u ti uJehova: Bheka, ku

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umprofeti o be fike ku Jeroboam u dhliwa ingonyama ngokungalaleli.

za kuzalwa indodana kuyo indhlu ka Davida, uJosiya igama layo; u za kunikela pezu kwako abapristi bezindawo ezipakemeyo aba tunqisa impepo pezu kwako, amatambo abantu ba za kuwashisa pezu kwako. **3** Wa ba nika isibonakaliso nga lolo suku, wa ti, Nasi isibonakaliso esi kulunywa uJehova: Bheka, ilati li za kudabuka, umlota o pezu kwalo u citeke. **4** Kwa t'uba inkosi i zwe inkulumo yomuntu ka Nkulunkulu, a memeze ilati ngayo eBeteli, uJeroboam w'elula isandhla sake e selatini, wa ti, M bambeni. Isandhla sake a s'elulela nga ku yena sa shwabana, wa e nge namandhla ukusibuyisela kuye. **5** La dabuka nalo ilati, umlota welati wa citeka elatini, njengesibonakaliso a ba nika sona umuntu ka Nkulunkulu ngezwi li ka Jehova. **6** Inkosi ya pendula ya ti ku muntu ka Nkulunkulu, A ke u shweleze ku Jehova uNkulunkulu wako, u ngi tandazele, ukuba isandhla sami si buyiselwe kimi. Umuntu ka Nkulunkulu wa shweleza ku Jehova, isandhla senkosi sa buyiselwa kuyo, sa ba njenga kuqala. **7** Inkosi ya ti ku muntu ka Nkulunkulu, A ke si ye ekaya, u zihlumelele, ngi ku nike isipo. **8** Wa ti umuntu ka Nkulunkulu enkosini, Noma u ngi nika inxenye yendhlu yako, a ngi yi kungena nawe, futi a ngi yi kudhla ukudhla ngi puze namanzi ku le ndawo; **9** ngokuba ngi yalwe kanjalo ngezwi li ka Jehova, ukuti, U nga dhli kudhla, u nga puzi manzi, u nga buyi na ngendhlela o ze ngayo. **10** Wa hambake ngenye indhlela, ka buyanga ngendhlela a be ze ngayo eBeteli.

11 Kwa ku hlala eBeteli umprofeti omdala; kwa fika enye yamadodana ake ya m balisela ngemisebenzi yonke ey'enziwe umuntu ka Nkulunkulu nga lolo suku eBeteli: amazwi a be wa kulumile enkosini nawo a m tatela wona uyise. **12** Uyise wa ti kuwo, U hambe nga yipi indhlela na? Amadodana ake a e bonile indhlela umuntu ka Nkulunkulu a hambe ngayo o vele kwa Juda. **13** Wa ti ku madodana ake, Ngi bopeleleni imbongolo. Ba m bopelelake imbongolo; wa yi kwela. **14** Wa landela umuntu ka Nkulunkulu, wa m fumana e hlezi ngapansi kwomoki; wa ti ke kuye, Wena u nguye umuntu ka Nkulunkulu o vele kwa Juda na? Wa ti, Ngi nguye. **15** Wa ti kuye, A ke si ye ekaya, u dhle ukudhla. **16** Wa ti, A ngi na kubuya nawe, a ngi na kungena kwako: futi a ngi yi kudhla ukudhla ngi puze amanzi kanye nawe ku le ndawo: **17** ngokuba ku tiwe kimi ngezwi li ka Jehova, U nga dhli kudhla, u nga puzi namanzi kona, u nga buyi u hambe nga le ndhlela o ze ngayo. **18** Wa ti kuye, Nami ngi ngumprofeti njengawe; ingelosi i kulume kimi ngezwi li ka Jehova, ya ti, M buyise a ye nawe endhlini yako, ukuba a dhle ukudhla a puze namanzi. Kodwa wa e qamba amanga kuye. **19** Wa buyake naye, wa dhla ukudhla endhlini yake, wa puza namanzi.

20 Kwa ti, be sa hlezi etafuleni, izwi li ka Jehova la fika ku lo mprofeti ombuyisileyo; **21** wa memeza ku muntu ka Nkulunkulu o vele kwa Juda, wa ti, U ti uJehova, Njengokuba u hlubuke umlomo ka Jehova, u nga gcinanga umyalo a ku yale ngawo uJehova uNkulunkulu wako, **22** kodwa u buyile, wa dhla ukudhla wa puza namanzi endaweni a te ngayo kuwe, U nga dhli kudhla, u nga puzi namanzi; isidumbu sako ka si yi kungena etuneni la okoko bako. **23** Kwa ti, e se dhlile ukudhla, e se puzile, wa m bopelela imbongolo, yena umprofeti lo a be m buyisile. **24** E se hambile, ingonyama ya m fumana endhleleni, ya m bulala: isidumbu sake sa bulukuqeka endhleleni, imbongolo y'ema eceleni kwaso; ingonyama nayo y'ema eceleni kwesidumbu. **25** Bheka, abantu abadhlulayo ba bona isidumbu si bulukuqekile endhleleni, nengonyama i mi eceleni kwesidumbu; ba fika ba landa ngako emzini lapo umprofeti omdala e hlala kona.

26 E se zwile loko umprofeti o m

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UJeroboam u tumela ku Ahija ngendodana yake egulayo.

buyise endhleleni wa ti, Ngumuntu ka Nkulunkulu, o hlubuke umlomo ka Jehova: ngakoke uJehova u m kapele engonyameni, ya m depula, ya m bulala, njengezwi li ka Jehova a li kuluma kuye. **27** Wa kuluma emadodaneni ake wa ti, Ngi bopeleleni imbongolo. A yi bopela. **28** Wa hamba wa fumana isidumbu sake si bulukuqekile endhleleni, imbongolo nengonyama ku mi eceleni kwesidumbu: ingonyama ya i nga si dhlanga isidumbu, ya i nga depulanga nembongolo. **29** Umprofeti wa fukula isidumbu somuntu ka Nkulunkulu, wa si beka pezu kwembongolo, wa si buyisa; wa fika emzini womprofeti omdala, ukulila nokummbela. **30** Wa beka isidumbu sake kwelake ituna; ba m lilela, ba ti, Maye, mfo wetu! **31** Kwa ti, e se m mbele, wa kuluma emadodaneni ake, wa ti, Lapo se ngi file, ni ze ni ngi mbele etuneni lapo umuntu ka Nkulunkulu e mbelwe kona; ni beke amatambo ami eceleni kwamatambo ake. **32** Ngokuba inkulumo ayimemezayo ngezwi li ka Jehova kulo ilati eli seBeteli, nezindhlu zonke zezindawo ezipakemeyo ezi semizini ya seSamariya, i ya kwenzeka impela.

33 Ngasemva kwa loko uJeroboam ka buyanga endhleleni yake embi, kodwa wa buya w'enza ngabantu bonke nje abapristi bezindawo ezipakemeyo: lowo otandayo wa m ahlukanisela ukuba ku be kona abapristi ezindaweni ezipakemeyo. **34** Le nto ya ba isono kuyo indhlu ka Jeroboam, ukuyinyamalalisa nokuyishabalalisa ebusweni bomhlaba.

14 Nga leyo nkati uAbija ka Jeroboam wa gula. **2** UJeroboam wa ti ku mkake, A ke u suke, u z'enze umuntu mumbe, ukuze ku ng'aziwa ukuba u ngumka Jeroboam; u hambe u ye eShilo: bheka, ku kona lapo Ahija umprofeti, yena owa kuluma ngami ukuti ngi za kuba inkosi ya laba bantu. **3** U pate izinkwa ezi ishumi ngesandhla sako, kanye namacwecwana, nopiso lwezinyosi, u ye kuye: yena u za kukutshela ukuba ku zo ba njani ku mntwana. **4** W'enze njalo umka Jeroboam, wa suka, wa ya eShilo, wa fika endhlini ka Ahija. Kepa uAhija wa e nge na kubona; ngokuba amehlo ake a e se te ngqi ngenxa yobudala bake. **5** Wa ti ke uJehova ku Ahija, Nango umka Jeroboam e zo buza kuwe ngendodana yake; ngokuba i ya gula: wo m pendula ngokuti na ngokuti; ngokuba ku za kuti ekungeneni kwake a zishaye umuntu mumbe.

6 Kwa t'uba uAhija ezwe izigqi zezinyawo zake ekungeneni kwake emnyango, wa ti, Ngena, wena mka Jeroboam; u zishayelani umuntu mumbe? ngokuba ngi tunywe oku lukuni kuwe. **7** Hamba, u tshele uJeroboam ukuti, U ti uJehova, uNkulunkulu ka Israeli: Njengokuba nga ku pakamisa pakati kwabantu, nga kwenza u be isikulu pezu kwabantu bami uIsraeli, **8** nga hxebula umbuso kuyo indhlu ka Davida, nga ku nika wona; noko a wenzanga njengenceku yami uDavida, owa gcina imiyalo yami, wa ngi landela ngenhliziyo yonke yake, w'enza kupela loko oku te ntse emehlweni ami, **9** kepa wenze okubi ngapezu kwabo bonke aba be ngapambili kwako, wa hamba wa z'enzela onkulunkulu abanye, nezitombe ezibunjiweyo, ukuba u ngi cunule, wa ngi lahla nyovane: **10** ngakoke bheka, ngi za kuleta okubi endhlini ka Jeroboam, ngi nqume ku Jeroboam wonke umntwana wesilisa, ovalelweyo noyekiweyo kwa Israeli, ngi kukule ngi ti qotu indhlu yonke ka Jeroboam, njeng'o kukula indhle, i ze i pele. **11** Yena wa kwa Jeroboam o fela emzini u ya kudhliwa izinja; naye o fela endhle u ya kudhliwa izinyoni zezulu: ngokuba uJehova u ku kulumile. **12** Sukake, u ye endhlini yako: ekungeneni kwezinyawo zako emzini, u za kufa umntwana. **13** UIsraeli wonke u ya kumlilela, a m mbele; ngokuba nguye yedwa ka Jeroboam o ya kuya etuneni, ngokuba ku funyanwa ku yena into elungileyo ku Jehova, uNkulunkulu ka Israeli, endhlini ka

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukubusa ku ka Rehoboam kwa Juda. Oku ka Abijam.

Jeroboam. **14** UJehova u ya kuzivusela inkosi kwa Israeli e ya kunquma indhlu ka Jeroboam nga lolo suku: ngi tini? na konamanje. **15** Ngokuba uJehova u ya kushaya uIsraeli, njengohlanga lu zanyazanyiswa emanzini; u ya kusipula uIsraeli ku leli zwe elihle a li nika oyise, a ba hlakazele ngapesheya kwoMfula, ngokuba b'enze oAshera, be m cunula uJehova. **16** U ya kumlahla uIsraeli ngenxa yezono zi ka Jeroboam, one ngazo, onisa ngazo uIsraeli.

17 Wa s'e suka umka Jeroboam, wa hamba, wa fika eTirza: wa ti ukufika embundwini womnyango wendhlu, wa fa umntwana. **18** UIsraeli wonke wa m mbela, wa m lilela, njengezwi li ka Jehova alikulumayo ngenceku yake uAhija umprofeti.

19 Ezinye izindaba zi ka Jeroboam, ukulwa kwake, nokubusa kwake, bheka, ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Israeli. **20** Izinsuku zokubusa ku ka Jeroboam za zi iminyaka e ngamashumi amabili nambili: wa lala na okoko bake; uNadabe indodana yake wa busa esikundhleni sake.

21 URehoboam ka Solomon wa busa kwa Juda. URehoboam wa e neminyaka e ngamashumi amane nanye ekuqaleni kwake ukubusa, wa busa iminyaka e ishumi nesikombisa eJerusalem, umuzi awuketileyo uJehova ezizweni zonke za kwa Israeli, ukuba a beke kona igama lake: igama li ka nina la li nguNama umAmonikazi. **22** UJuda w'enza okubi emehlweni ka Jehova, ba m vusela isikwele ngezono zabo abazenzayo, ngapezu kwako konke aba be kwenzile oyise. **23** Ngokuba ba z'akela izindawo ezipakemeyo, nezinsika, noAshera, emagqumeni onke apakemeyo, na ngapansi kwemiti yonke eluhlaza; **24** kwa ku kona nab'enza ubunkotshana ezweni: b'enza njengokwamacilo onke ezizwe uJehova azixoshayo pambi kwaba kwa Israeli.

25 Kwa ti ngomnyaka wesihlanu wenkosi uRehoboam, uShishaki inkosi ya sEgipite w'enyuka e hlasela iJerusalem; **26** wa tata ingcebo yendhlu ka Jehova, nengcebo yendhlu yenkosi; wa tata konke: wa tata namahau onke egolide a be w'enzile uSolomon. **27** Inkosi uRehoboam y'enza esikundhleni sawo amahau etusi, wa wa patisa izinduna zabalindi, aba gcina umnyango wendhlu yenkosi. **28** Kwa ku ti njalo, uma inkosi i ngena endhlini ka Jehova, abalindi ba wa pate, be se be wa buyisela ekamelweni labalindi.

29 Ezinye izindaba zi ka Rehoboam, nako konke akwenzayo, angiti ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Juda? **30** Kwa ku kona ukulwa pakati ku ka Rehoboam noJeroboam njalonjalo. **31** URehoboam wa lala na okoko bake, wa mbelwa na okoko bake emzini ka Davida: igama li ka nina la li nguNama umAmonikazi. UAbijam indodana yake wa busa esikundhleni sake.

15 Ngomnyaka weshumi nesishiyangalombili wenkosi uJeroboam ka Nebati uAbijam wa qala ukubusa kwa Juda. **2** Wa busa iminyaka emitatu eJerusalem: igama li ka Nina la li nguMahaka ka Abishalom. **3** Wa hamba ezonweni zonke zi ka yise azenzayo ngapambili kwake; inhliziyo yake ya i nga pelele ku Jehova uNkulunkulu wake, njengenhliziyo ka Davida uyise. **4** Noko, ngenxa ka Davida uJehova uNkulunkulu wake wa m nika isibani eJerusalem, ngokumisa indodana yake ngasemva kwake, nokuqinisa iJerusalem; **5** ngokuba uDavida w'enza okute ntse emehlweni ka Jehova, ka pambukanga otweni a m yalela lona izinsuku zonke zokuhamba kwake, kupela endabeni ka Uriya umHiti. **6** Kwa ku kona ukulwa pakati ku ka Rehoboam noJeroboam izinsuku zonke zokuhamba kwake.

7 Ezinye izindaba zi ka Abijam, nako konke akwenzayo, angiti ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Juda?

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukubusa ku ka Asa. U lwa noBasha. UNadabe kwa Israeli.

Kwa ku kona ukulwa pakati ku ka Abijam noJeroboam. **8** UAbijam wa lala na okoko bake; ba m mbela emzini ka Davida: uAsa indodana yake wa busa esikundhleni sake.

9 Ngomnyaka wamashumi amabili ka Jeroboam inkosi ya kwa Israeli uAsa wa qala ukubusa kwa Juda. **10** Wa busa eJerusalem iminyaka e ngamashumi amane nanye: igama li ka nina la li nguMahaka ka Abishalom. **11** UAsa w'enza oku te ntse emehlweni ka Jehova, njengo-Davida uyise. **12** Wa singila ab'enza ubunkotshana ezweni, wa susa nezitombe zonke eza be z'enziwe oyise. **13** Futi wa susa uMahaka unina ebundhlovukazini, ngokuba wa enze isitombe esi umhlola si be uAshera; uAsa wa gaula isitombe sake, wa si shisa nga semfulaneni iKidron. **14** Kodwa izindawo ezipakemeyo a zi suswanga: noko inhliziyo ka Asa ya i pelele ku Jehova izinsuku zonke zake. **15** Wa ngenisa endhlini ka Jehova izinto eza ngcweliswa uyise, kanye nezinto eza ngcweliswa uyena, isiliva, negolide, nezimpahla.

16 Kwa ku kona ukulwa pakati ku ka Asa noBasha inkosi ya kwa Israeli izinsuku zonke zabo. **17** UBasha inkosi ya kwa Israeli w'enyuka e hlasela kwa Juda, w'aka iRama, ukuze a nga vumeli muntu ukupuma nokungena ku Asa inkosi ya kwa Juda. **18** UAsa wa s'e tata isiliva lonke negolide ela be li sele engcebweni yendhlu ka Jehova, nengcebo yendhlu yenkosi, wa ku beka esandhleni zezinceku zake; inkosi uAsa wa ku tumela ku Ben-hadadi ka Tabrimon ka Heziyon, inkosi ya seSiriya, owa e hlala eDamaseku, e ti, **19** Ku kona isivumelwano pakati kwami nawe, pakati ku ka baba noyihlo: naso isipo engi si tumela kuwe sesiliva negolide; hamba, u shafise isivumelwano sako noBasha inkosi ya kwa Israeli, ukuze a muke kimi. **20** UBen-hadadi wa lalela inkosi uAsa, wa tuma izinduna zempi yake zi hlasela imizi ya kwa Israeli, wa cita iIjon, neDan, neAbeli-betemahaka, neKineroti lonke, nezwe lonke la kwa Nafetali. **21** Wa ti uBasha ukuzwa loko, wa yeka ukwaka iRama, wa hlala eTirza. **22** Inkosi uAsa ya se i memezela ku Juda wonke; a kwa ba biko ohlanguzwayo: ba tuta amatshe a seRama, nemiti yalo, uBasha a be ake ngako; inkosi uAsa y'aka ngako iGeba kwa Benjamin, neMizpa.

23 Ezinye izindaba zonke zi ka Asa, nobuqwaga bonke bake, nako konke akwenzayo, nemizi ayakayo, angiti ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Juda? Ngesikati sobudala bake wa ba nesifo ezinyaweni zake. **24** UAsa wa lala na okoko bake, wa mbelwa na okoko bake emzini ka Davida uyise; uJehoshafati indodana yake wa busa esikundhleni sake.

25 UNadabe ka Jeroboam wa qala ukubusa kwa Israeli ngomnyaka wesibili ka Asa inkosi ya kwa Juda; wa busa kwa Israeli iminyaka emibili. **26** W'enza okubi emehlweni ka Jehova, wa hamba endhleleni ka yise, na sesonweni sake onisa ngaso uIsraeli. **27** UBasha ka Ahija, wendhlu ka Isakare, wa m enzela uzungu; uBasha wa m gwaza eGibeton, eli ngelama-Filisti; ngokuba uNadabe noIsraeli wonke ba be vimbezela iGibeton. **28** UBasha wa m bulala ngomnyaka wesitatu ka Asa inkosi ya kwa Juda, wa busa esikundhleni sake. **29** Wanele ukuba a be inkosi nje, wa bulala indhlu yonke ka Jeroboam: ka shiyanga ku Jeroboam noyedwa opefumulayo, wa za wa m shabalalisa; njengokusho ku ka Jehova akukulumayo ngenceku yake uAhija wa seShilo; **30** ngenxa yezono zi ka Jeroboam ona ngazo, onisa ngazo uIsraeli, ngokucunula kwake a cunula ngako uJehova, uNkulunkulu ka Israeli.

31 Ezinye izindaba zi ka Nadabe, nako konke akwenzayo, angiti ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Israeli? **32** Kwa ku kona ukulwa pakati ku ka Asa noBasha inkosi ya kwa Israeli izinsuku zonke zabo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukuprofeta ku ka Jehu ngoBasha. UEla, noZimri, noOmri.

33 Ngomnyaka wesitatu ka Asa inkosi ya kwa Juda uBasha ka Ahija wa qala ukubusa uIsraeli wonke eTirza, wa busa iminyaka e ngamashumi amabili nane. 34 w'enza okubi emehlweni ka Jehova, wa hamba endhleleni ka Jeroboam, na sesonweni sake onisa ngaso uIsraeli.

16 1 Izwi li ka Jehova la fika ku Jehu ka Hanani li qonde uBasha, la ti, 2 Njengokuba nga ku pakamisa otulini, nga ku beka u be isikulu ku bantu bami uIsraeli, kepa u hambe endhleleni ka Jeroboam, w'onisa abantu bami uIsraeli ukuba ba ngi cunule ngezono zabo; 3 bheka, ngi ya kumkukula ngi mu ti qotu uBasha nendhlu yake; ng'enze indhlu yako i be njengendhlu ka Jeroboam ka Nebati. 4 Yena wa kwa Basha o fela emzini u ya kudhliwa izinja; yena kwaba kwake o fela endhle u ya kudhliwa izinyoni zezulu.

5 Ezinye izindaba zi ka Basha, nakwenzayo, nobuqwaga bake, angiti ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Israeli? 6 UBasha wa lala na okoko bake, wa mbelwa eTirza; uEla indodana yake wa busa esikundhleni sake. 7 Futi kwa fika izwi li ka Jehova ngomprofeti uJehu ka Hanani, li qonde uBasha nendhlu yake, ngenxa yokubi konke akwenzayo emehlweni ka Jehova, ukuba a m cunule ngomsebenzi wezandhla zake, ekubeni kwake njengendhlu ka Jeroboam, na ngokuba wa m bulala.

8 Ngomnyaka wamashumi amabili nesitupa ka Asa inkosi ya kwa Juda uEla ka Basha wa qala ukubusa kwa Israeli eTirza, wa busa iminyaka emibili. 9 Inceku yake uZimri, induna yenxenye yezinqolana zake zempi, ya m enzela uzungu. Wa be e seTirza, e puza e zidakisa endhlini ka Arza, owa e pete abendhlu eTirza: 10 wa ngenake uZimri wa m gwaza, wa m bulala, ngomnyaka wamashumi amabili nesikombisa ka Asa inkosi ya kwa Juda, wa busa esikundhleni sake. 11 Kwa ti ekuqaleni kwake ukubusa, wanele ukuba a hlale nje esihlalweni sake sobukosi, wa bulala indhlu yonke ka Basha: ka m shiyelanga na munye umntwana wesilisa kwaba zalana naye, na kuzo izihlobo zake. 12 UZimri wa shabalalisake indhlu yonke ka Basha, njengezwi li ka Jehova, a li kuluma ngoJehu umprofeti li qonde uBasha, 13 ngenxa yezono zonke zi ka Basha, nezono zi ka Ela indodana yake, ab'ona ngazo nab'onisa ngazo uIsraeli, ukuba ba cunule uJehova, uNkulunkulu ka Israeli ngokuyize kwabo. 14 Ezinye izindaba zi ka Ela, nako konke akwenzayo, angiti ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Israeli?

15 Ngomnyaka wamashumi amabili nesikombisa ka Asa inkosi ya kwa Juda uZimri wa busa eTirza izinsuku ezi isikombisa. Abantu ba be li pakele impi iGibeton, eli ngelamaFilisti. 16 Abantu aba be ngenisile b'ezwa ku tiwa, UZimri wenzile uzungu, u bulele inkosi: uIsraeli wonke wa misa uOmri, induna yempi, a be inkosi kwa Israeli nga lolo suku ekamu. 17 UOmri w'enyuka eGibeton, noIsraeli wonke kanye naye, ba vimbezela iTirza. 18 Kwa t'uba uZimri a bone ukuba umuzi u dhliwé, wa ngena enqabeni yendhlu yenkosi, wa zishisa nendhlu yenkosi ngomlilo, wa fa, 19 ngenxa yezono zake ona ngazo ngokwenza okubi emehlweni ka Jehova, ngokuhamba ngendhlela ka Jeroboam, na sesonweni sake asenzayo ukwonisa uIsraeli. 20 Ezinye izindaba zi ka Zimri, nozungu lwake alwenzayo, angiti ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Israeli?

21 Abantu ba kwa Israeli ba se be hlukana kabili: inxenye yabantu ya landela uTibeni ka Ginati ukuba ba m mise a be inkosi; inxenye ya landela uOmri. 22 Kodwa abantu aba landela uOmri ba b'ahlula abantu aba landela uTibeni ka Ginati: uTibeni wa fa-ke, uOmri wa busa. 23 Ngomnyaka wamashumi amatatu nanye ka Asa inkosi ya kwa Juda

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UAhabi. UElija wondhliwa amagwababa. Wandisa impupu namafuta.

uOmri wa qala ukubusa kwa Israeli, wa busa iminyaka e ishumi nambili: iminyaka e isitupa wa yi busa eTirza. **24** Wa tenga intaba iSamariya ku Shemere ngamatalenta amabili esiliva; w'aka entabeni, wa qamba igama lomuzi awakileyo ngegama li ka Shemere umninintaba, ukuti iSamariya. **25** UOmri w'enza okubi emehlweni ka Jehova, w'enza kabi kunabo bonke aba be ngapambili kwake. **26** Ngokuba wa hamba ngendhlela yonke ka Jeroboam ka Nebati na sezonweni zake onisa ngazo uIsraeli, ukuba ba cunule uJehova uNkulunkulu ka Israeli ngokuyize kwabo. **27** Ezinye izindaba zi ka Omri azenzayo, nobuqwaga bake abenzayo, angiti ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Israeli? **28** UOmri wa lala na okoko bake, wa mbelwa eSamariya; uAhabi indodana yake wa busa esikundhleni sake.

29 Ngomnyaka wamashumi amatatu nesishiyangalombili ka Asa inkosi ya kwa Juda, uAhabi ka Omri wa qala ukubusa kwa Israeli: uAhabi ka Omri wa busa kwa Israeli eSamariya iminyaka e ngamashumi amabili nambili. **30** UAhabi ka Omri w'enza okubi emehlweni ka Jehova kunabo bonke aba be ngapambili kwake. **31** Kwa ti ke, ngokungati ku yinto encane ukuba a hambe ezonweni zi ka Jeroboam ka Nebati, wa hle wa tata uJezebele ka Etebali inkosi yamaSidon, a be umkake, wa hamba wa konza uBale, wa kuleka kuye. **32** Wa misela uBale ilati endhlini ka Bale, a be y'akile eSamariya. **33** UAhabi w'enza uAshera; uAhabi w'engeza ezenzweni zokucunula uJehova uNkulunkulu ka Israeli kunawo onke amakosi a kwa Israeli a be ngapambili kwake. **34** Ezinsukwini zake uHiyeli wa seBeteli w'aka iJeriko: wa beka isisekelo salo ngoAbiram izibulo lake, wa misa izicabha zalo ngendodana yake yamagcino uSegubi, njengezwi li ka Jehova, alikulumayo ngoJoshua ka Nun.

17 UElija wa seTishbi, owa e ngowaba te gozololo kwa Giliyadi, wa ti ku Ahabi, E kona uJehova, uNkulunkulu ka Israeli, engi mi pambi kwake, a ku yi kuba kona mbete na mvula ku le minyaka, kupela ngezwi lami. **2** Izwi li ka Jehova la fika kuye, li ti, **3** Hamba lapa, u li bhekise nga sempumalanga, u cashe nga semfulaneni iKeriti, o ngapambili kweJordan. **4** Ku za kuti, u puze emfulaneni; ngi yalile amagwababa ukukondhla kona. **5** Wa hambake, w'enza njengezwi li ka Jehova; ngokuba wa ya wa hlala nga semfulaneni iKeriti, o ngapambili kweJordan. **6** Amagwababa a m letela isinkwa nenyama kusasa, nesinkwa nenyama kusihlwa; wa puza emfulaneni. **7** Kwa ti ekupeleni kwezinsuku, umfulana wa sha, ngokuba ya i ngeko imvula ezweni.

8 Izwi li ka Jehova la fika kuye, li ti, **9** Suka, u ye eZarefati eli ngela seSidon, u hlale kona: bheka, ngi yalile umfelokazi ukuba a kondhle. **10** Wa sukake wa ya eZarefati; ekufikeni kwake esangweni lomuzi, nangoke, umfelokazi e cakasha izinkuni kona: wa m biza, wa ti, A ke u ngi letele amanzi a ingcozana esitsheni, ngi puze. **11** E sa wa landa, wa m memeza, wa ti, Wo ngi patela belu intwana yokudhla esandhleni sako. **12** Wa ti, E kona uJehova uNkulunkulu wako, impela a ngi nalo neqebelengwana, ku kona uweshe nje wempupu embizeni, namafuta a ingcozana esigujini: bheka, ngi cakasha izinkuni ezimbili, ukuze ngi ngene ngi zilungiselele kona nendodana yami, si dhle si fe. **13** Wa ti kuye uElija, U ng'esabi; hamba wenze njengokusho kwako; kepa wo qala u ng'enzele iqebelengwana elincane ngayo, u li kipe u li lete kimi, wandu kuzenzela nendodana yako. **14** Ngokuba u ti uJehova uNkulunkulu ka Israeli, Imbiza yempupu a i yi kupela, nesigubu samafuta a si yi kuncipa, ku ze ku fike usuku uJehova a ya kunisa ngalo imvula emhlabatini. **15** Wa hambake w'enza njengokusho ku ka

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U vusa umntwana womfelokazi.

Elija: ba dhla izinsuku eziningi, yena, nabendhlu yake noElija. **16** Imbiza yempupu a i pelanga, nesigubu samafuta a si ncipanga, njengezwi li ka Jehova alikulumayo ngoElija.

17 Kwa ti dukuduku, indodana ya lowesifazana, umnikazindhlu, ya gula; isifo sayo sa qina kakulu, ya i nga se nako ukupefumula. **18** Wa ti ku Elija, Ngi na msebenzi muni nawe na, wena muntu ka Nkulunkulu? u ze kimi ukungikumbuza ububi bami, nokubulala indodana yami! **19** Wa ti kuye, Ngi nikeke indodana yako. Wa se yi tabata esifubeni sake, w'enyukela nayo ekamelweni lapo e hlala kona, wa yi lalisa okukweni lwake. **20** Wa kala ku Jehova, wa ti, E Jehova Nkulunkulu wami, nembala u m enzele okubi lomfelokazi engi te gozololo kwake, ngokubulala indodana yake na? **21** Wa z'elakanyisa pezu kwomntwana katatu, wa kala ku Jehova, wa ti, E Jehova Nkulunkulu wami, umpefumulo wa lo mntwana ma u buyele pakati kwake. **22** UJehova wa lalela izwi li ka Elija; umpefumulo womntwana wa buyela pakati kwake, wa pila. **23** UElija wa tata umntwana, w'ehla naye ekamelweni eli pezulu, wa ya endhlini, wa m nika unina; wa ti uElija, Bheka, indodana yako i pilile. **24** Wa ti owesifazana ku Elija, Se ngi y'azi ukuba wena u ngumuntu ka Nkulunkulu, nokuba izwi li ka Jehova eli semlonyeni wako li iqiniso.

18 Kwa ti emva kwezinsuku eziningi, izwi li ka Jehova la fika ku Elija ngomnyaka wesitatu, li ti, Hamba, u zibonakalise ku Ahabi; ngi ya kunisa imvula emhlabatini. **2** Wa hambake uElija wa ya kozibonakalisa ku Ahabi. Indhlala ya i kulile eSamariya. **3** UAhabi wa biza uObadiya, owa e pete abendhlu. (UObadiya wa e m esaba uJehova kakulu: **4** ngoba kwa ti, lapo uJezebele e bulala abaprofeti ba ka Jehova, uObadiya wa tata abaprofeti aba ikulu, wa ba cashisa emhumeni

U tumela uObadiya ku Ahabi.

ngamashumi amahlanu, wa b'ondhla ngesinkwa na ngamanzi.) **5** UAhabi wa ti ku Obadiya, Hambahamba ezweni kuyo yonke imitombo yamanzi, na kuyo yonke imifulana: ingabe si nga fumana utshani si sindise amahashi nezimbongolo, ukuba si nga lahlekelwa izilwane zonke. **6** B'ahlukaniselana izwe ukuba ba dabule kulo: uAhabi wa hamba yedwa ngenye indhlela, uObadiya naye wa hamba yedwa ngenye indhlela.

7 Wa ti uObadiya e se sendhleleni, bheka, wa hlangana naye uElija: wa m bona, wa ti mbo ngobuso pansi, wa ti, Nguwena lo, nkosi yami Elija na? **8** Wa ti kuye, Ngi nguye: hamba, u tshele inkosi yako, u ti, Nangu uElija. **9** Wa ti, ng'oneni mina, ukuba u kapele inceku yako esandhleni si ka Ahabi, a ngi bulale? **10** E kona uJehova uNkulunkulu wako, ka kuko sizwe na mbuso, lapo inkosi yami i nga tumelanga kona i ku funa: kwa t'uba ba ku landule, ya fungisa umbuso nesizwe ukuba a ba ku fumananga. **11** Kalokuke wena u ti, Hamba, u yotshela inkosi yako, u ti, Nangu uElija. **12** Ku za kuti, ng'anela ukuhamba nje kuwe, uMoya ka Jehova a ku yise lapo ngi ngaziyo; ko ti ke uma ngi fika ngi m tshele uAhabi, yena a nga ku fumani, a ngi bulale: kepa mina nceku yako ngi ya m esaba uJehova kwa sebusheni bami. **13** Angiti kwa tshelwa inkosi yami engakwenzayo lapo uJezebele e bulala abaprofeti ba ka Jehova, ukuti nga fihla emhumeni abantu aba ikulu ku baprofeti ba ka Jehova ngamashumi amahlanu, nga b'ondhla ngesinkwa na ngamanzi? **14** Kalokuke wena u ti, Hamba, u tshele inkosi yako, u ti, Nangu uElija; i za kungibulala. **15** UElija wa ti, E kona uJehova wamabandhla, engi mi pambi kwake, impela ngi ya kuzibonakalisa kuye namhlanje.

16 UObadiya wa hambake wa ya kumhlangabeza uAhabi wa m tshela; uAhabi wa ya kumhlangabeza uElija. **17** Kwa t'uba uAhabi a bone uElija,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UElija u bambana nabaprofeti ba ka Bale eKarmeli.

uAhabi wa ti kuye, Nga se ku be uwe lo, wena o hlupa uIsraeli na? **18** Wa ti, A ngi hlupanga uIsraeli; nguwe nendhlu ka yihlo, ngokuba ni delile imiyalo ka Jehova, u landela oBale. **19** Kalokuke tuma, u qoqele kimi uIsraeli wonke entabeni iKarmeli, nabaprofeti ba ka Bale aba ngamakulu amane namashumi a isihlanu, nabaprofeti ba ka Ashera aba ngamakulu amane, abadhlayo etafuleni li ka Jezebele.

20 UAhabi wa tumela kubo bonke aba kwa Israeli, wa qoqela abaprofeti entabeni iKarmeli. **21** UElija wa sondela kubo bonke abantu, wa ti, Ko ze ku be nini ni manqikanqika? uma uJehova e nguNkulunkulu, m landeleni; uma uBale e nguye, m landeleni yena. Abantu a ba ze ba m pendula ngazwi. **22** UElija wa s'e ti ku bantu, Yimina oseleyo o ngumprofeti ka Jehova, mina ngedwa; kodwa abaprofeti ba ka Bale ba ngabantu aba ngamakulu amane namashumi a isihlanu. **23** Ma ba si nikeke amaduna amabili; ma ba ziketele elinye iduna li be elabo, ba li hlahlele, ba li beke pezu kwezinkuni, ba nga faki mlilo; nami ngi ya kulungisa elinye iduna, ngi li beke pezu kwezinkuni, ngi nga faki mlilo. **24** Ni tete igama li ka nkulunkulu wenu, nami ngi ya kuteta igama li ka Jehova: a ti uNkulunkulu o pendula ngomlilo, a be nguyena Nkulunkulu. Abantu bonke ba pendula ba ti, Lihle lelo zwi.

25 UElija wa ti ku baprofeti ba ka Bale, Ziketeleni iduna elinye, ni li lungise kuqala; ngokuba nina ni baningi; ni tete igama li ka nkulunkulu wenu, kepa ni nga faki mlilo. **26** Ba tatake iduna abalinikwayo, ba li lungisa, ba teta igama li ka Bale ku sukela ekuseni kwa za kwa ba semini enkulu, be ti, We Bale, si pendule. Kodwa kwa ku ngeko na zwi, kwa ku ngeko nopendulayo. Ba xuma nga selatini elenziweyo. **27** Kwa ti emini enkulu uElija wa ba hxolodela, wa ti, Memezani ngezwi elikulu; ngoba yena u ngunkulunkulu: mhlaumbe u ya zindhla, mhlaumbe u sa te cezu, mhlaumbe u hambile, katisimbe u lele u dinga ukuvuswa. **28** Ba memeza ngezwi elikulu, ba zihxazula ngezinkemba na ngemikonto njengesiko labo kwa ze kwa tshaza igazi kubo. **29** Kwa ti, se ku dhlule imini enkulu, ba profeta kwa za kwa sesikatini sokunikela umnikelo wokuhlwa; kwa ku ngeko na zwi, kwa ku ngeko nopendulayo nonakayo.

30 Wa ti uElija ku bantu bonke, Sondelani kimi; ba sondelake abantu bonke kuye. Wa s'e vusa ilati li ka Jehova ela li diliziwe. **31** UElija wa tata amatshe a ishumi nambili, njengomumo wezizwe zamadodana ka Jakobe, okwa fika kuye izwi li ka Jehova, li ti, Igama lako li za kuba uIsraeli. **32** W'aka ilati ngamatshe egameni li ka Jehova; w'enza umsele nga selatini inxa zonke, o lingene nezilinganiso ezimbili zembeu. **33** Wa hlela izinkuni, wa hlahlela iduna, wa li beka pezu kwezinkuni. Wa ti, Gcwalisani izimbiza ezine ngamanzi, ni wa tele emnikelweni eshiswayo, na sezinkunini. **34** Wa ti, Pindani okwesibili; ba pindake okwesibili. Wa ti, Pindani belu okwesitatu; ba pindake okwesitatu. **35** Amanzi a hamba nga selatini inxa zonke; wa gcwalisa umsele ngamanzi. **36** Kwa ti ngesikati sokunikela umnikelo wokuhlwa, uElija umprofeti wa sondela, wa ti, E Jehova, Nkulunkulu ka Abraham, ka Isaka, n'o ka Israeli, ma kwaziwe namhla ukuba wena u nguNkulunkulu kwa Israeli, nokuba mina ngi inceku yako, nokuba ng'enze lezi zinto zonke ngezwi lako. **37** Ngi pendule, Jehova, ngi pendule, ukuze laba bantu ba kwazi ukuba wena, Jehova, u nguNkulunkulu, nokuba u buyisile izinhliziyo zabo. **38** Wa se u wa umlilo ka Jehova, wa dhla umnikelo oshiswayo, nezinkuni, namatshe, notuli, wa kota namanzi a semseleni. **39** Kwa t'uba ba bone loku abantu bonke, ba ti mbo ngobuso pansi: ba ti, UJehova, uyena Nkulunkulu; uJehova, uyena Nkulu-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nkulu. 40 UElija wa ti kubo, Bambani abaprofeti ba ka Bale; ma ku nga baleki na munye. Ba ba bamba; uElija wa b'ehlisela emfulaneni iKishon, wa ba bulalela kona.

41 UElija wa ti ku Ahabi, Yenyuka, u dhle u puze; ngokuba ku kona udumo lwemvula enkulu. 42 Wenyukake uAhabi ukuyokudhla nokupuza. UElija w'enyukela esiqongweni seKarmeli; wa kotamela pansi, wa beka ubuso bake emkatini wamadolo ake. 43 Wa ti ku mfana wake, Yenyuka, u buke nga selwandhle. W'enyukake, wa buka, wa ti, A kuko luto. Wa ti, Buyela izikati ezi isikombisa. 44 Kwa ti ngesikati sesikombisa, wa ti, Nakuya kwenyuka ifu elincane, li ngangesandhla somuntu, li puma elwandhle. Wa ti, Yenyuka, u ti ku Ahabi, Bopela, wehle, funa u vinjelwe imvula. 45 Kwa ti ngesikashana nje izulu la guqubala ngamafu na ngomoya, kwa ku kona imvula enkulu kakulu. UAhabi wa kwela enqolaneni, wa ya eJezereli: 46 isandhla si ka Jehova sa ba ku Elija; wa bopa ukalo lwake, wa gijima pambi ku ka Ahabi wa za wa fika ekungeneni kweJezereli.

19 UAhabi wa tshela uJezebele konke akwenzileyo uElija, nokuba u bulele abaprofeti bonke ngenkemba. 2 UJezebele wa s'e tuma isigijimi ku Elija, e ti, Onkulunkulu ma b'enze njalo kimi, b'elekele futi, uma ngi nga wenzi umpefumulo wako u be njengompefumulo womunye wa labo ngomso nga lesi sikati. 3 Wa ti ukubona loko, wa suka, wa baleka ukuze a sinde, wa ya eBere-sheba, eli ngela kwa Juda, wa shiya kona umfana wake. 4 Kodwa yena wa hamba ibanga losuku lunye ehlane, wa fika wa hlala pansi kwonwele: wa zicelela ukuba a fe; wa ti, Se kwanele; kaloku, Jehova, tata umpefumulo wami; ngokuba a ngi lungile kuna obaba. 5 Wa se e lala ubutongo pansi kwonwele; bheka, ingelosi ya m tinta, ya ti kuye, Vuka, u dhle. 6 Wa s'e bheka, nanti iqebelengwana nga sekanda lake el'osiwe ematsheni ashisayo, nesigubu samanzi. Wa dhlake wa puza, wa buya wa lala futi. 7 Ingelosi ka Jehova ya buyela kuye ngokwesibili, ya m tinta, ya ti, Vuka, u dhle, ngokuba lide ibanga o za kulihamba. 8 Wa suka, wa dhla wa puza, wa hamba ngamandhla a loko kudhla izimini ezi ngamashumi amane nobusuku obu ngamashumi amane wa ze wa fika entabeni ka Nkulunkulu iHorebe.

9 Wa fika kona emhumeni, wa hlala kona; bheka, izwi li ka Jehova la fika kuye, wa ti kuye, Wenzani lapa, Elija? 10 Wa ti, Be ngi nesikwele kakulu ngenxa ka Jehova, uNkulunkulu wamabandhla; ngokuba aba kwa Israeli ba shiyile isivumelwano sako, ba dilizile amalati ako, ba bulele abaprofeti bako ngenkemba: yimina, mina ngedwa, oseleyo; ba funa ikanda lami ukuba ba ngi suse. 11 Wa ti, Puma, u me entabeni pambi ku ka Jehova. Bheka, uJehova wa dhlula, umoya omkulu o namandhla wa nikiza izintaba, wa pahlaza amawa pambi ku ka Jehova; kodwa uJehova a ka bangako emoyeni; ngasemva kwomoya kwa zamazama umhlaba kodwa uJehova a ka bangako ekuzamazameni kwomhlaba: 12 ngasemva kwokuzamazama kwomhlaba kwa ba kona umlilo; kodwa uJehova a ka bangako emlilweni: ngasemva kwomlilo kwa ba kona izwi elibekileyo elincane. 13 Kwa t'uba uElija a li zwe, wa gubuzela ubuso bake ngengubo yake, wa puma, w'ema emnyango womhume. Bheka, kwa fika izwi kuye, li ti, Wenzani lapa, Elija? 14 Wa ti, Be ngi nesikwele kakulu ngenxa ka Jehova, uNkulunkulu wamabandhla; ngokuba aba kwa Israeli ba shiyile isivumelwano sako, ba dilizile amalati ako, ba bulele abaprofeti bako ngenkemba; yimina, mina ngedwa oseleyo; ba funa ikanda lami ukuba ba ngi suse.

15 UJehova wa ti kuye, Hamba, u buye ngendhlela yako u ye ehlane la seDamaseku; ko t'uba u fike, u

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

gcobe uHazayeli a be inkosi eSiriya; 16 uJehu ka Nimshi wo m gcoba a be inkosi kwa Israeli; uElisha ka Shafati wa seAbeli-mehola wo m gcoba a be umprofeti esikundhleni sako. 17 Ku za kuti, yena o sinda enkembeni ka Hazayeli a bulawe uJehu; o sinda enkembeni ka Jehu wo bulawa uElisha. 18 Noko ngi ya kuzishiyela kwa Israeli izinkulungwane ezi isikombisa, amadolo onke a nga guqanga ku Bale, nemilomo yonke e nga m anganga.

19 Wa hambake lapo, wa fumana uElisha ka Shafati; wa e lima ngezinkabi ezi ombangqwa aba ishumi nambili pambi kwake, yena e koweshumi nambili: uElija wa dhlulela kuye, wa m fumba ngengubo yake. 20 Wa shiya izinkabi, wa gijima e m landela uElija, wa ti, Ma ke ngi yokwanga ubaba nomame, andubake ngi ku landele. Wa ti kuye, Hamba u buyele emva pela: ng'enzeni kuwe? 21 Wa buyake ekumlandeleni, wa tata umbangqwa wezinkabi, wa zi hlaba, wa peka inyama yazo ngempahla yezinkabi, wa pa abantu, ba dhla. Wa s'e suka, wa landela uElija, wa m konza.

20 UBen-hadadi inkosi ya seSiriya wa qoqa impi yonke yake; kwa ku kona naye amakosi a ngamashumi amatatu nambili, kanye namahashi nezinqolana zempi: w'enyuka wa vimbezela iSamariya, wa lwa nalo. 2 Wa tuma izigijimi ku Ahabi inkosi ya kwa Israeli emzini, wa ti kuye, U ti uBen-hadadi, 3 Isiliva lako negolide lako li ngelami; omkako nabantwana bako, yebo, abahle, ba ngabami. 4 Inkosi ya kwa Israeli ya pendula ya ti, Ku njengokusho kwako, nkosi yami, nkosi yezwe; ngi ngowako, nako konke engi nako. 5 Izigijimi za buya futi, za ti, U kuluma kanje uBen-hadadi, u ti, Impela, ngi tumile kuwe, nga ti, Ngi nike isiliva lako, negolide lako, na omkako, nabantwana bako; 6 kepa ngi ya kutumela izinceku zami ku wena ngomuso nga lesi sikati, zi yalule indhlu yako, nezindhlu zezinceku zako; ko ti, konke okunxanelekileyo emehlweni ako, zi ku tate ngezandhla zazo, zi hambe nako.

7 Inkosi ya kwa Israeli ya i si biza onke amalunga ezwe, ya ti, A ke n'azi, ni bone ukufuna kwake okubi lo muntu: ngokuba u tume kimi e biza omkami, nabantwana bami, nesiliva lami, negolide lami; a ngi m nqabelanga. 8 Amalunga onke nabantu bonke ba ti, Mus'ukulalela, u nga vumi. 9 Ngakoke wa ti ezigijimini zi ka Ben-hadadi, A no ti enkosini yami, inkosi yezwe, Konke o tumele ngako encekwini yako kuqala ngi ya kukwenza; kepake le nto a ngi nako ukuyenza. Za hambake izigijimi, za m buyisela izwi. 10 UBen-hadadi wa tuma kuye, wa ti, Onkulunkulu ma b'enze njalo kimi, b'elekele futi, uma utuli lwa seSamariya lu ya kwanela abantu bonke abangilandelayo ukuba ba tate ngoweshe. 11 Inkosi ya kwa Israeli ya pendula ya ti, Kulumani kuye ni ti, Yena ohlomayo ma ka nga zigabisi njengokumulayo. 12 Kwa t'uba u-Ben-hadadi ezwe leli zwi, e puza, yena namakosi ake emadokodweni, wa ti ezincekwini zake, Ma i pume. Ya pumake ukulwa nomuzi.

13 Bheka, kwa sondela umprofeti ku Ahabi inkosi ya kwa Israeli, wa ti, U ti uJehova, U bonile lesi sixuku esikulu na? bheka, ngi ya kusikapela esandhleni sako namhlanje; wazike ukuba mina ngi nguJehova. 14 Wa ti ke uAhabi, Ngobani na? Wa ti, U ti uJehova, Ngezinsizwa zezikulu zamazwe. Wa s'e ti, Ubani o ya kwoka impi? Wa ti, Uwe. 15 Wa s'e bala izinsizwa zezikulu zamazwe; za zi ngamakulu amabili namashumi amatatu nambili: ngasemva kwazo wa bala abantu bonke, bonke aba kwa Israeli, be izinkulungwane ezi isikombisa.

16 Ba puma emini enkulu. Kodwa uBen-hadadi wa e puza e zidakisa emadokodweni, yena namakosi, amakosi a ngamashumi amatatu nambili amsizayo. 17 Izinsizwa zezikulu zamazwe za puma kuqala;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Kwahlulwa amaSiriya. **Ku yekwa uBen-hadadi.**

uBen-hadadi wa tuma, ba m tshela, ba ti, Ku kona abantu aba puma eSamariya. **18** Wa ti, Noma be pume ngokutula, ba bambeni b'ezwa; noma be pumele impi, ba bambeni b'ezwa. **19** Za pumake zona emzini, izinsizwa zezikulu zamazwe, kanye nempi ezilandelayo. **20** Ba bulala kwa ilowo umuntu wake; a baleka amaSiriya; uIsraeli wa wa xosha: uBen-hadadi inkosi ya seSiriya wa baleka ngehashi kanye nabakwel'amashi. **21** Inkosi ya kwa Israeli ya puma, ya genca amahashi nezinqolana zempi, ya ceka amaSiriya ngokuceka okukulu.

22 Umprofeti wa sondela enkosini ya kwa Israeli, wa ti kuyo, Hamba, u ziqinise, wazi u bone. okwenzayo; ngokuba ekutwaseni kwomnyaka inkosi ya seSiriya i ya kwenyuka i ku hlasele. **23** Izinceku zenkosi ya seSiriya za ti kuyo, Unkulunkulu wabo u ngunkulunkulu wezintaba; ingaloko be namandhla kunati nje: kodwa ma si lwe nabo etafeni, impela si ya kuba namandhla kunabo. **24** Yenza le nto: susa amakosi ileyo endaweni yayo, u beke izinduna ezikundhleni zawo; **25** u zibalele impi, e ngangempi o lahlekelwe iyona, ihashi ngehashi, inqolana ngenqolana; si za kulwa nabo etafeni, impela si ya kuba namandhla kunabo. Ya lalelake izwi labo, y'enze njalo.

26 Kwa ti ke ekutwaseni kwomnyaka uBen-hadadi wa hlela amaSiriya, w'enyukela eAfeki ukuba a lwe no-Israeli. **27** Aba kwa Israeli ba balwa, ba piwa ukudhla, ba puma ukuhlangabezana nawo: aba kwa Israeli ba ngenisa pambi kwawo njengemihlanjana emibili yamacwane ezimbuzi; kodwa amaSiriya a gcwalisa izwe. **28** Kwa sondela umuntu ka Nkulunkulu, wa kuluma enkosini ya kwa Israeli, wa ti, U ti uJehova, Ngokuba amaSiriya a ti, UJehova u ngunkulunkulu wezintaba, ka siye unkulunkulu wezigodi; ngakoke ngi za kukapela sonke lesi sixuku esandhleni sako; ni ya kwazike ukuba mina ngi nguJehova. **29** Ba ngenisa, impi ya bhekana nempi, izinsuku ezi isikombisa. Kwa ti ke ngosuku lwesikombisa ya mokomelana: aba kwa Israeli ba bulala ku maSiriya abantu aba hamba pansi aba izinkulungwane ezi ikulu ngosuku lunye. **30** Abaseleyo ba balekela eAfeki emzini; ugange lwa wela pezu kwabantu aba izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nesikombisa abaseleyo. UBen-hadadi wa baleka, wa ngena emzini, ekamelweni eli ngapakati.

31 Izinceku zake za ti kuye, A ke u bheke, si zwile ukuti amakosi endhlu ya kwa Israeli a ngamakosi a nesihau: a ke s'ambate indwangu yamasaka okalweni lwetu, nezintambo emakanda etu, si pume si ye enkosini ya kwa Israeli: kungabe yona i ya kukuyeka u pile. **32** Za bincake okalweni indwangu yamasaka, nezintambo emakanda azo, za ya enkosini ya kwa Israeli, za ti, Inceku yako uBen-hadadi u ti, A ke u ngi yeke ngi pile. Ya ti ke, U se kona na? u ngumfo wetu yena. **33** Lawa madoda a cupisisa, a shesha ukubamba ukuti isifuba sake yini; a ti, Umfo wenu uBen-hadadi. Wa s'e ti, Hambani; ni m lande. UBen-hadadi wa s'e pumela kuye; wa m kwelisa enqolaneni yake. **34** UBen-hadadi wa ti kuye, Imizi ubaba a yi tata ku yihlo ngi ya kuyibuyisa; wena u ya kuzenzela izitaladi zako eDamaseku, njengokwenziwa ubaba eSamariya. Wa ti ke uAhabi, Ngi ya kukumukisa ngesivumelwano lesi. W'enza isivumelwano naye, wa m mukisa.

35 Umuntu otile wamadodana abaprofeti wa ti ku mngane wake ngezwi li ka Jehova, A k'u ngi shaye. Lo muntu w'ala ukumshaya. **36** Wa s'e ti kuye, Ngokuba u nga lalelanga izwi li ka Jehova, bhekake, wo suka kimi qede, ingonyama i ku bulale. Wa suka kuye qede, ingonyama ya m fumana, ya m bulala. **37** Wa s'e fumana omunye umuntu, wa ti kuye, A k'u ngi shaye. Wa m shayake lo muntu nokumshaya, wa m limaza. **38** Umprofeti wa sukake, wa yohlalela inkosi nga sendhleleni, wa z'enza

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

umuntu mumbe, iqele lake li semehlweni ake. 39 Kwa ti i si dhlula inkosi, wa memeza enkosini; wa ti, Inceku yako i bi pume i ye pakati kwokulwa; bheka, kwa pambuka umuntu, wa leta kimi umuntu, wa ti, Linda lo muntu: uma e ke wa funyaniswa e ngeko, ikanda lako li ya kuba sesikundhleni sekanda lake, kumbe u ya kuhlaula ngetalenta lesiliva. 40 Kwa ti inceku yako i sa ximbekile ngalapa na ngalapa, kanti ka seko. Inkosi ya kwa Israeli ya ti kuye, Ko ba njalo ukwahlulelwa kwako; u zinqumele wena. 41 Wa shesha, wa susa iqele emehlweni ake; ya se i m bona inkosi ya kwa Israeli ukuti u ngowa ku baprofeti. 42 Wa ti kuyo, U ti uJehova, Ngokuba u dedele a pume esandhleni sako umuntu enga m hlukanisela ngokumlokotela, ngakoke ikanda lako li ya kuba sesikundhleni sekanda lake, nabantu bako esikundhleni sabantu bake. 43 Inkosi ya kwa Israeli ya ya endhlini yayo i bipile yenyele inhliziyo, ya ya eSamariya.

21 Kwa ti dukuduku, uNaboti wa seJezereli wa e nesivini esa si seJezereli, eceleni kwendhlu yobukosi ka Ahabi inkosi ya seSamariya. 2 UAhabi wa kuluma ku Naboti, wa ti, Ngi nike isivini sako, ukuba si be insimu yami yemifino, ngokuba si seduze nendhlu yami; ngi ya kukunika esikundhleni saso isivini esihle kunaso: kumbe, uma ku kuhle emehlweni ako ngi ku nike imali e intengo yaso. 3 UNaboti wa ti ku Ahabi, Ma ku be kude kimi, Jehova, ukuba ngi ku nike ifa la obaba. 4 UAhabi wa ngena endhlini yake e bipile yenyele inhliziyo ngenxa yezwi eli kulunywe uNaboti wa seJezereli kuye; ngokuba a be te, A ngi yi kukunika ifa la obaba. Wa lala pansi okukweni, wa bheka emseleni, ka vumanga ukudhla.

5 Kepa uJezebele umkake wa fika kuye, wa ti kuye, Umoya wako wenyeliswe yini, ukuba u nga dhli? 6 Wa ti kuye, Ku ngokuba ngi kulume noNaboti wa seJezereli, nga ti kuye, Ngi nike isivini sako ngemali; kumbe uma u tanda, ngi ku nike esinye isivini esikundhleni saso: wa ti, A ngi yi kukunika isivini sami. 7 UJezebele umkake wa ti kuye, Angiti u ya busa umbuso wa kwa Israeli? vukake pela, u dhle, inhliziyo yako i ncibilike: mina ngi zo ku nika isivini si ka Naboti wa seJezereli. 8 Wa s'e lobake izincwadi egameni li ka Ahabi, wa zi namatelisa ngopau lwake, wa tuma izincwadi ku malunga na ku banumzana aba be semzini wa kubo, aba b'ake noNaboti. 9 Wa loba ezincwadini, wa ti, Memezelani ukuzila ukudhla, ni hlalise uNaboti emqoka ku bantu: 10 ni beke abantu ababili aba ngamahatanga pambi kwake, ba fakaze ngaye ngokuti, Wena u tuke uNkulunkulu nenkosi. Be se ni m kipela pandhle ni m kande ngamatshe, a fe.

11 Abantu bomuzi wa kubo, amalunga nabanumzana ab'ake emzini wa kubo, b'enza njengokutumela ku ka Jezebele kubo, njengokubhaliweyo ezincwadini a zi tumele ku bona. 12 Ba memezela ukuzila ukudhla, ba m hlalisa uNaboti emqoka ku bantu. 13 Kwa ngena abantu ababili aba ngamahatanga, ba hlala pambi kwake: amahatanga a fakaza ngaye, yena uNaboti, pambi kwabantu, e ti, UNaboti u tuke uNkulunkulu nenkosi. Ba se be m kipela ngapandhle kwomuzi, ba m kanda ngamatshe, wa fa. 14 Ba se be tumela ku Jezebele, be ti, UNaboti u kandiwe ngamatshe, wa fa. 15 Kwa t'uba uJezebele ezwe ukuti uNaboti u kandiwe ngamatshe, wa fa, uJezebele wa ti ku Ahabi, Suka, u tabate isivini si ka Naboti wa seJezereli, a nqabe naso ukukunika sona ngemali; ngokuba uNaboti ka seko, u file. 16 Kwa t'uba uAhabi ezwe ukuti uNaboti u file, wa suka uAhabi w'ehla wa ya esivinini si ka Naboti wa seJezereli ukuba a si tabate.

17 Izwi li ka Jehova la fika ku Elija wa seTishbi, li ti, 18 Suka, wehle u hlangabeze uAhabi inkosi ya kwa Israeli, o seSamariya: nangoke,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U solwa uElija. U hlangana noJehoshafati ukuhlasela amaSiriya.

esivinini si ka Naboti, lapa ehlele kona ukuyositabata. **19** Wo kuluma kuye, u ti, U ti uJehova, U bulele na, u dhle isizi na? Wo kuluma kuye u ti, U ti uJehova, Endaweni lapo izinja zi xape kona igazi li ka Naboti, izinja zi ya kuxapa negazi lako, elako wena. **20** Wa ti ke uAhabi ku Elija, U su ngi fumene, wena sita sami? Wa ti, Ngi ku fumene, ngokuba u zitengisile ukuba wenze okubi emehlweni ka Jehova. **21** Bheka, ngi ya kuleta okubi pezu kwako, ngi ku kukule qǫtu, ngi nqume ku Ahabi wonke umntwana wesilisa, yena ovalelweyo naye oyekiweyo kwa Israeli: **22** ngi ya kwenza indhlu yako i be njengendhlu ka Jeroboam ka Nebati, na njengendhlu ka Basha ka Ahija, ngenxa yesicunulo o ngi cunule ngaso, w'onisa uIsraeli. **23** Na ngoJezebele uJehova wa kuluma wa ti, Izinja zi ya kudhla uJezebele nga sodongeni lwa seJezereli. **24** Yena wa kwa Ahabi o fela emzini u ya kudhliwa izinja; o fela endhle u ya kudhliwa izinyoni zezulu. **25** (Kepa kwa ku ngeko o fana noAhabi, owa zitengisa ukuba enze okubi emehlweni ka Jehova, e dudwa umkake uJezebele. **26** W'enza amacilo kakulu ngokulandela izitombe, njengako konke akwenzayo amaAmori, a xoshwa uJehova pambi kwaba kwa Israeli).

27 Kwa t'uba uAhabi ezwe lawa mazwi, wa hxebula izingubo zake, w'ambata indwangu yamasaka emzimbeni wake, wa zila ukudhla, wa lala endwangwini yamasaka, wa hamba kancane. **28** Izwi li ka Jehova la fika ku Elija wa seTishbi, li ti, **29** Imbala u ya bona ukuzitoba ku ka Ahabi pambi kwami na? ngokuba u zitobile pambi kwami, a ngi yi kuleta okubi ezinsukwini zake; kodwa ezinsukwini zendodana yake ngi ya kuleta okubi pezu kwendhlu yake.

22 Kwa hlalwa iminyaka emitatu ku ngeko kulwa pakati kwe-Siriya noIsraeli. **2** Kwa ti ngomnyaka wesitatu, uJehoshafati inkosi ya kwa Juda w'ehlela enkosini ya kwa Israeli. **3** Inkosi ya kwa Israeli ya ti ezincekwini zayo, Ni y'azi nje ukuba iRamoti-giliyadi li ngeletu, si tule nje tina, a si li tabati esandhleni senkosi ya seSiriya? **4** Ya ti ku Jehoshafati, U zo hamba nami yini, si gasele iRamoti-giliyadi? Wa ti ke uJehoshafati enkosini ya kwa Israeli, Mina ngi njengawe, abantu bami ba njengabantu bako, amahashi ami a njengamahashi ako.

5 Wa ti uJehoshafati enkosini ya kwa Israeli, A ke u buze kuqala izwi li ka Jehova. **6** Inkosi ya kwa Israeli ya se i qoqa abaprofeti, abantu aba ngamakulu amane, ya ti kubo, Ngi hambe yini ngi gasele iRamoti-giliyadi, kuko ngi yeke na? Ba ti, Yenyuka; ngoba uJehova u ya kulikapela esandhleni senkosi. **7** Kepa uJehoshafati wa ti, A ku seko mprofeti ka Jehova yini lapa, si buze kuye na? **8** Inkosi ya kwa Israeli ya ti ku Jehoshafati, Ku sè kona umuntu munye esi nga buza ku Jehova ngaye, uMikaya ka Imla: kepa ngi ya m zonda; ngokuba ka profeti okuhle ngami, okubi kupela. UJehoshafati wa ti, Inkosi ma i nga sho njalo. **9** Inkosi ya kwa Israeli ya se i biza induna, ya ti, Putuma u lande uMikaya ka Imla. **10** Inkosi ya kwa Israeli noJehoshafati inkosi ya kwa Juda a e hlezi ileyo esihlalweni sayo sobukosi, embete izingubo zawo zobukosi, enkundhleni nga sentubeni yesango la seSamariya; abaprofeti bonke ba be profeta pambi kwawo. **11** UZedekiya ka Kenahana wa z'enzela izimpondo zensimbi, wa ti, U ti uJehova, Nga lezi u ya kuqubusha amaSiriya, a ze a qedwe. **12** Abaprofeti bonke ba profeta kanjalo, be ti, Yenyukela eRamoti-giliyadi, u hlanhlazeleke; ngoba uJehova u ya kulikapela esandhleni senkosi.

13 Isigijimi esa ya kubiza uMikaya sa kuluma kuye, sa ti, Bheka, amazwi abaprofeti a kuluma okuhle enkosini ngamlomo munye: elako izwi ma li be njengezwi lomunye wabo, u kulume okuhle. **14** Wa ti uMikaya, E kona uJehova, loko uJe-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

hova akushoyo kimina, ngi ya kukuluma kona. **15** Kwa t'uba a fike enkosini, inkosi ya ti kuye, Mikaya, si hambe yini si gasele iRamoti-giliyadi, kuko si yeke na? Wa ti kuyo, Yenyuka u hlanhlazeleke; uJehova u ya kulikapela esandhleni senkosi. **16** Ya ti ke inkosi kuye, Ko ze ku be izikati ezingaki ngi ku fungisa ukuba u nga kulumi luto kimina kupela iqiniso egameni li ka Jehova na? **17** Wa ti, Nga bona uIsraeli wonke e hlakazekile ezintabeni, njengezimvu ezi nge na malusi: uJehova wa se ti, Laba, a ba nayo inkosi; ma ba pindele ilowo endhlini yake ngokutula. **18** Inkosi ya kwa Israeli ya ti ku Jehoshafati, Angiti ngi ku tshelile ukuti a nge ze a profeta okuhle ngami, okubi kupela na? **19** Wa ti uMikaya, Ngakoke yizwa izwi li ka Jehova: nga bona uJehova e hlezi esihlalweni sake sobukosi, ibandhla lonke la sezulwini li mi nga kuye nga kwesokunene na nga kwesokohlo sake. **20** UJehova wa ti, Ubani o ya kuwunga uAhabi, ukuba enyuke a we eRamoti-giliyadi? Omunye wa sho loku; omunye wa sho loku. **21** Kwa puma umoya, w'ema pambi ku ka Jehova, wa ti, Ngi ya kumwunga mina. **22** Wa ti uJehova kuye, Ngantoni? Wa ti, Ngi za kupuma, ngi be umoya wamanga emlonyeni wabaprofeti bake bonke. Wa ti, U ya kumwunga, u m ahlule: pumake, wenze njalo. **23** Ngakoke, bheka, uJehova u fakile umoya wamanga emlonyeni wa laba baprofeti bonke bako; uJehova u kulumile okubi ngawe.

24 Wa s'e sondela uZedekiya ka Kenahana, wa shaya uMikaya esihlatini, wa ti, UMoya ka Jehova u dhlule ngapi e suka kimi ukuba a kulume kuwe? **25** Wa ti uMikaya, Bheka, wo bona nga lolo suku o ngena ngalo ekamelweni eli ngapakati u casha. **26** Inkosi ya kwa Israeli ya ti, M tate uMikaya, u m buyisele ku Amon umbusi womuzi, na ku Jowashe indodana yenkosi; **27** u ti, I ti inkosi, Fakani lo mfo endhlini yeziboshwa, ni mu pe isinkwa sobandezelweyo namanzi obandezelweyo, ngi ze ngi fike ngokutula. **28** Wa ti uMikaya, Uma u buya nokubuya ngokutula, wo ba uJehova ka kulumanga ngami. Wa ti, Yizwani, nina bantu nonkana.

29 Inkosi ya kwa Israeli noJehoshafati inkosi ya kwa Juda enyukelake eRamoti-giliyadi. **30** Inkosi ya kwa Israeli ya ti ku Jehoshafati, Ngi ya kuzenza umuntu mumbe, ngi ngene ekulweni; wena wambate izingubo zako zobukosi. Inkosi ya kwa Israeli ya z'enzake umuntu mumbe, ya ngena ekulweni. **31** Inkosi yamaSiriya ya bi yalile izinduna zezinqolana zayo zempi ezi ngamashumi amatatu nambili, ya ti, Ni nga lwi nomncane nomkulu, kupela inkosi ya kwa Israeli. **32** Kwa t'ubake izinduna zezinqolana zi bone uJehoshafati, za ti, Impela lo yinkosi ya kwa Israeli; za pambuka ukulwa naye: wa s'e mbongoza uJehoshafati. **33** Kwa t'uba izinduna zezinqolana zi bone ukuba a ku siyo inkosi ya kwa Israeli, za buya ekumlandeleni kwazo. **34** Umuntu otize wa donsa umnsalo wake e funisela nje, wa shaya inkosi ya kwa Israeli ekuhlanganeni kwebantshi layo lensimbi: ya se i ti ke ku mshayeli wenqolana yayo yempi, Cezula amahashi ngesandhla sako u ngi kipe empini; ngokuba ngi kutshaziwe kabi. **35** Ukulwa kwa kula nga lolo suku: inkosi ya sekelwa enqolaneni yayo i bhekene namaSiriya, ya fa ngokuhlwa; igazi lenxeba l'opela pansi enqolaneni. **36** Kwezwakala ukucwaza empini yonke ekushoneni kwelanga, ku tiwa, Ilowo ma ka ye emzini wa kubo, ilowo ezweni la kubo.

37 Ya fa-ke inkosi, ya yiswa eSamariya; ba yi mbela inkosi eSamariya. **38** Inqolana yempi ya hlanzwa ecibini la seSamariya; izinja za xapa igazi lake (za zi geza lapoke izifebe); njengezwi li ka Jehova alikulumayo. **39** Ezinye izindaba zi ka Ahabi, nako konke akwenzayo, nendhlu yezimpondo zendhlovu aya-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukubusa ku ka Jehoshafati kwa Juda. Oku ka Ahaziya kwa Israeli.

kayo, nemizi yonke ayakayo, angiti ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Israeli? **40** UAhabi wa lala na okoko bake; uAhaziya indodana yake wa busa esikundhleni sake.

41 UJehoshafati ka Asa wa qala ukubusa kwa Juda ngomnyaka wesine ka Ahabi inkosi ya kwa Israeli. **42** UJehoshafati wa e neminyaka e ngamashumi amatatu nesihlanu ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa iminyaka e ngamashumi amabili nesihlanu eJerusalem. Igama li ka nina la li nguAzuba ka Shilehi. **43** Wa hamba ngendhlela yonke ka Asa uyise; ka pambukanga kuyo, w'enza oku te ntse emehlweni ka Jehova: noko izindawo ezipakemeyo a zi suswanga: abantu ba be sa hlabela be tunqisa impepo ezindaweni ezipakemeyo. **44** UJehoshafati wa telelana amanzi nenkosi ya kwa Israeli.

45 Ezinye izindaba zi ka Jehoshafati, nobuqwaga bake abenzayo, nokulwa kwake, angiti ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Juda? **46** Insali yab'enza ubunkotshana, eya sala ezinsukwini zi ka Asa uyise, wa yi kukula ezweni. **47** Kwa ku ngeko nkosi kwa Edom: induna ya i inkosi kona. **48** UJehoshafati w'enza imikumbi ya seTarshishi ukuya eOfire i landa igolide: a i yanga kodwa; ngoba imikumbi y'apuka eEziyon-gebere. **49** UAhaziya ka Ahabi wa s'e ti ku Jehoshafati, abantu bami ma ba hambe nabantu bako emikunjini. Kepa uJehoshafati ka za vuma. **50** UJehoshafati wa lala na okoko bake, w'embelwa na okoko bake emzini ka Davida uyise; uJehoram indodana yake wa busa esikundhleni sake.

51 UAhaziya ka Ahabi wa qala ukubusa kwa Israeli eSamariya ngomnyaka weshumi nesikombisa ka Jehoshafati inkosi ya kwa Juda, wa busa kwa Israeli iminyaka emibili. **52** W'enza okubi emehlweni ka Jehova, wa hamba ngendhlela ka yise, na ngendhlela ka nina, na ngendhlela ka Jeroboam ka Nebati, onisa ngayo uIsraeli. **53** Wa konza uBale, wa kuleka kuye, wa cunula uJehova, uNkulunkulu ka Israeli, njengako konke uyise a be kwenzile.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

YAMAKOSI

Ukufa ku ka Ahaziya ku bikezelwa uElija. U landelwa uJehoram.

1 UMoabe wa hlamuka uIsraeli ngasemva kwokufa ku ka Ahabi. 2 UAhaziya wa wa ngehele lesibuko sekamelo lake eli pezulu ela li seSamariya, wa gula: wa tuma izigijimi wa ti kuzo, Hambani ni yo buza ku Bale-zebubi, unkulunkulu wa seEkron, ukuba ngi ya kusinda yini ku lesi sifo. 3 Kepa ingelosi ka Jehova ya ti ku Elija wa seTishbi, Suka, wenyuke u hlangabeze izigijimi zenkosi ya seSamariya, u ti kuzo, Yingokuba ku ngeko Nkulunkulu kwa Israeli, ukuba ni ze ni ye kubuza ku Bale-zebubi, unkulunkulu wa seEkron na? 4 Kalokuke u ti uJehova, A u sa yi kwehla embedeni lapo wenyukele kona, u zo kufa nokufa. Wa hambake uElija.

5 Izigijimi za buyela kuye, wa ti kuzo, Yini ukuba ni buye na? 6 Za ti kuye, Kw'enyuke umuntu ukusihlangabeza, wa ti kitina, Hambani ni buyele enkosini enitumileyo, ni ti kuyo, U ti uJehova, Yingokuba ku ngeko Nkulunkulu kwa Israeli, ukuba u ze u tumele ukubuza ku Balezebubi, unkulunkulu wa seEkron na? ngakoke a u sa yi kwehla embedeni lapo wenyukele kona, u za kufa nokufa. 7 Wa ti kuzo, Be ku ngumuntu o njani o wenyuke ukunihlangabeza wa ni tshela lawa mazwi na? 8 Za ti kuye, U be ngumuntu o ihwanqa, e bince imbonya yesikumba okalweni lwake. Wa ti, NguElija wa seTishbi lowo.

9 Inkosi ya se i tumela kuye induna yamashumi a isihlanu i namashumi a isihlanu ayo. Y'enyukela kuye: bheka, wa e hlezi esiqongweni sentaba. Ya ti kuye, We muntu ka Nkulunkulu, i te inkosi, Yehla. 10 UElija wa pendula wa ti enduneni yamashumi a isihlanu, Uma ngi nguntu ka Nkulunkulu, ma kwehle umlilo ezulwini, u ku dhle namashumi a isihlanu ako. Kw'ehlake umlilo ezulwini, wa yi dhla namashumi a isihlanu ayo. 11 Ya buya ya tumela kuye enye induna yamashumi a isihlanu i namashumi a isihlanu ayo. Ya pendula ya ti kuye, We muntu ka Nkulunkulu, i te inkosi, Shesha wehle. 12 UElija wa pendula wa ti kubo, Uma ngi ngumuntu ka Nkulunkulu, ma kwehle umlilo ezulwini, u ku dhle wena namashumi a isihlanu ako. Umlilo ka Nkulunkulu w'ehlake ezulwini, wa yi dhla namashumi a isihlanu ayo. 13 Ya buya ya tumela induna yesitatu yamashumi a isihlanu, i namashumi a isihlanu ayo. Induna yesitatu yamashumi a isihlanu y'enyuka, ya fika ya guqa ngamadolo pambi ku ka Elija, ya m nxusa, ya ti kuye, E, muntu ka Nkulunkulu, ma ku be into enqabileyo emehlweni ako ukupila kwami, nokupila kwa lezi zinceku zako ezi ngamashumi a isihlanu. 14 Bheka, kwehle umlilo ezulwini, wa dhla izinduna ezimbili zokuqala zamashumi a isihlanu, namashumi a isihlanu azo; kalokuke ukupila kwami ma ku be into enqabileyo emehlweni ako. 15 Ingelosi ka Jehova ya ti ku Elija, Yehla nayo: u nga y'esabi. Wa sukake, w'ehla nayo wa ya enkosini. 16 Wa ti kuyo, U ti uJehova, Loku u tume izigijimi ukubuza ku Bale-zebubi unkulunkulu wa seEkron, yingokuba ku ngeko Nkulunkulu kwa Israeli yini, ukuba ku buzwe ngezwi lake na? ngakoke a u sa yi kwehla embedeni lapo wenyukele kona, u za kufa nokufa.

17 Ya fa-ke njengezwi li ka Jehova ela kulunywa uElija. UJehoram wa qala ukubusa esikundhleni sake ngomnyaka wesibili ka Jehoram indodana ka Jehoshafati inkosi ya kwa Juda; ngokuba wa e nge na ndodana. 18 Ezinye izindaba zi ka

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Kwenyuswa uElija. Umoya wake u hlala ku Elisha.

Ahaziya azenzayo, angiti zi lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Israeli?

2 Kwa ti lapo uJehova e be se za kwenyusa uElija a ye ezulwini ngomoya wesipepo, uElija wa hamba noElisha be suka eGiligali. **2** UElija wa ti ku Elisha, A ke u hlale lapa; ngokuba uJehova u ngi tume ukuba ngi ye ngi fike eBeteli. UElisha wa ti, E kona uJehova, u kona nompefumulo wako, a ngi z'ukukushiya. B'ehlelake eBeteli. **3** Amadodana abaprofeti a be seBeteli a puma a ya ku Elisha, a ti kuye, U y'azi nje ukuba uJehova u ya kususa inkosi yako enhloko yako namhla na? Wa ti, Yebo, ngi y'azi; tulani. **4** UElija wa s'e ti ku Elisha, A ke u hlale lapa; ngokuba uJehova u ngi tume eJeriko. Wa ti, E kona uJehova, u kona nompefumulo wako, a ngi yi kukushiya. Ba fikake eJeriko. **5** Amadodana abaprofeti a be seJeriko a sondela ku Elisha, a ti kuye, U y'azi nje ukuba uJehova u ya kususa inkosi yako enhloko yako namhla na? Wa ti, Yebo, ngi y'azi; tulani. **6** UElija wa s'e ti kuye, A ke u hlale lapa; ngokuba uJehova u ngi tume eJordan. Wa ti, E kona uJehova, u kona nompefumulo wako, a ngi yi kukushiya. Ba hambake bobabili. **7** Abantu aba ngamashumi a isihlanu ku madodana abaprofeti ba ya, b'ema malungana nabo kashana: bona bobabili b'ema nga seJordan. **8** UElija wa tata ingubo yake, wa yi songa, wa shaya amanzi, ahlukana ngalapa na ngalapa, ba wela bobabili emhlabatini owomileyo. **9** Kwa ti se be welile, uElija wa ti ku Elisha, Cela into engi za kukwenzela yona, ngi nga ka suswa kuwe. Wa ti uElisha, Ma ngi be nesabelo esipindiweyo somoya wako. **10** Wa ti, U cele into elukuni: nokoke, uma u ngi bona lapa ngi suswa kuwe, ku ya kuba njalo kuwe; kepa uma u nga ngi bonanga, a ku yi kuba njalo. **11** Kwa ti be sa hamba njalo be kuluma, nansi inqolana yomlilo, namahashi omlilo, kwa b'ahlukanisa bobabili; uElija w'enyukela ezulwini ngomoya wesipepo. **12** UElisha wa ku bona, wa memeza wa ti, Baba, baba, izinqolana zempi za kwa Israeli nabakwel'amahashi babo!

Ka b'e sa m bona futi: wa bamba ezake izingubo, wa zi hxebula imidweshu emibili. **13** Wa cosha futi ingubo ka Elija e we kuye, wa buyela emuva, w'ema ogwini lweJordan. **14** Wa tata ingubo ka Elija e we kuye, wa shaya amanzi, wa ti, Upi uJehova uNkulunkulu ka Elija na? e se wa shayile naye amanzi, ahlukana ngalapa na ngalapa; uElisha wa wela.

15 Kwa t'uba amadodana abaprofeti a be seJeriko malungana naye a m bone, a ti, Umoya ka Elija u hlezi ku Elisha. Eza kumhlangabeza, a m kotamela pansi. **16** A ti kuye, Bheka, ku kona nezinceku zako amadoda a ngamaqawe a ngamashumi a isihlanu; ma ka hambe a yo funa inkosi yako, funa mhlaumbe uMoya ka Jehova u m pakamisile, wa m lahla entabeni etile, nokuba ku semhosheni otile. Wa ti, Musani ukutuma. **17** Se be m ncosholozele wa za wa ba nezinhloni, wa ti, Tumani. A tumake amadoda a ngamashumi a isihlanu; a m funa izinsuku ezintatu, ka ze a m tola. **18** A buyela kuye, e sa hlezi eJeriko; wa ti kuwo, Ka ngi shongo yini kini ukuti, Ni nga hambi?

19 Abantu bomuzi ba ti ku Elisha, A ke u bheke ukuma kwa lo muzi kuhle, njengokuba inkosi yami i bona: kodwa amanzi mabi, nezwe li ya bulubisa. **20** Wa s'e ti, Ngi leteleni udiwo olusha, ni beke usaoti kulo. Ba lu letake kuye. **21** Wa puma wa ya emtonjeni wamanzi, wa ponsa kona usaoti, wa ti, U ti uJehova, Ngi w'elapile lawa manzi; a ku sa yi kuvela kona ukufa nokubuluba. **22** Amanzi elapekake ku ze ku be namhlanje, njengezwi li ka Elisha alikulumayo.

23 W'enyuka lapo wa ya eBeteli; e s'enyuka ngendhlela, kwa puma

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UIsraeli noJuda ba hlasela uMoabe. Ba piwa amanzi.

emzini inkwebane yabafana, ya m hxolodela, ya ti kuye, Yenyuka, mpandhlandini; yenyuka, mpandhlandini. **24** Wa bheka ngasemva kwake, wa ba bona, wa ba qalekisa ngegama li ka Jehova. Kwa se ku puma ehlatini amabere amabili ezinsikazi, a depula ku bona abafana aba ngamashumi amane nambili. **25** W'esuka lapo, wa ya entabeni iKarmeli, wa·suka lapo, wa buyela eSamariya.

3 UJehoram indodana ka Ahabi wa qala ukubusa kwa Israeli eSamariya ngomnyaka weshumi nesishiyangalombili ka Jehoshafati inkosi ya kwa Juda, wa busa iminyaka e ishumi nambili. **2** W'enza okubi emehlweni ka Jehova, kepa kwa ku nge njeng'oku ka yise, na njeng'oku ka nina; ngoba wa susa insika ka Bale a be y'enzile uyise. **3** Noko wa namatela ezonweni zi ka Jeroboam ka Nebati onisa ngazo uIsraeli; a ka sukanga kuzo.

4 UMesha inkosi ya kwa Moabe wa e ngumfuyi wezimvu; wa e nika inkosi ya kwa Israeli uboya bezimvana ezi izinkulungwane ezi ikulu, nobezinqama ezi izinkulungwane ezi ikulu. **5** Kwa ti lapa e se file uAhabi, inkosi ya kwa Moabe ya hlamuka inkosi ya kwa Israeli. **6** Nga leso sikati inkosi uJehoram ya puma eSamariya, ya buta uIsraeli wonke. **7** Ya hamba ya tumela ku Jehoshafati inkosi ya kwa Juda, i ti, Inkosi ya kwa Moabe i ngi hlamukile: u zo hamba nami yini si gasele kwa Moabe? Wa ti, Ngi za kwenyuka: mina ngi njengawe, abantu bami ba njengabantu bako, amahashi ami a njengamahashi ako. **8** Ya ti, Si ya kwenyuka nga yipi indhlela na? Wa ti, Ngendhlela yehlane la kwa Edom. **9** Inkosi ya kwa Israeli ya hambake, nenkosi ya kwa Juda, nenkosi ya kwa Edom; ba gwegwesa ibanga lezinsuku ezi isikombisa: kwa ku ngeko manzi empi, nawezinkomo ezibalandelayo. **10** Inkosi ya kwa Israeli ya ti, Maye! uJehova u bize lawa makosi amatatu ukuba a wa kapele esandhleni si ka Moabe. **11** Kepa uJehoshafati wa ti, A kuko mprofeti ka Jehova lapa na? ukuba si buze ngaye ku Jehova na? Enye yezinceku zenkosi ya kwa Israeli ya pendula ya ti, U kona uElisha ka Shafati owa e tela amanzi ezandhleni zi ka Elija. **12** UJehoshafati wa ti, Li kuye izwi li ka Jehova. Inkosi ya kwa Israeli no-Jehoshafati nenkosi ya kwa Edom b'ehlela kuye.

13 Wa ti uElisha enkosini ya kwa Israeli, Ngi na msebenzi muni nawe na? hamba u ye ku baprofeti ba ka yihlo, na ku baprofeti ba ka nyoko. Inkosi ya kwa Israeli ya ti kuye, Ayi; ngoba uJehova u bize lawa makosi amatatu ukuba a wa kapele esandhleni si ka Moabe. **14** Wa ti uElisha, E kona uJehova wamabandhla engi mi pambi kwake, ngempela, uma ku nga yi ngoba ngi hlonipa uJehoshafati inkosi ya kwa Juda, be ngi nga yi kukubuka, ngi ku bone. **15** Kepa ngi leteleni manje umbeti wogubu. Kwa ti umbeti wogubu e sa beta, isandhla si ka Jehova sa ba kuye. **16** Wa ti, U ti uJehova, Yenza lesi sihlambo si be imiselesele. **17** Ngoba u ti uJehova, A ni yi kubona umoya, a ni yi kubona nemvula; noko lesi sihlambo si ya kugcwala amanzi, ni puze, nina nemfuyo yenu nezinkomo zenu. **18** Loku ku yinto e lula emehlweni ka Jehova: u ya kukapela namaMoabe esandhleni senu. **19** Ni ya kucita imizi yonke ebiyelweyo, nemizi yonke eketekileyo, ni ya kuwisa imiti yonke emihle, ni vimbe yonke imitombo yamanzi, n'one iziqepu zonke ezinhle sezwe ngamatshe. **20** Kwa ti kusasa ngesikati sokunikela umnikelo, bheka, ku qamuka amanzi ngendhlela ya kwa Edom, izwe la gcwala amanzi.

21 Kwa t'uba amaMoabe onke ezwe ukuti amakosi enyukile ukulwa nawo, a butana, bónke abantu ku sukela kwaba qalisa ukubinca izikali ku ye kwabadala, b'ema emkaulweni. **22** A vuka ekuseni nga kusasa; ilanga la kanya emanzini; amaMoabe a bona amanzi malungana nawo

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Kwandiswa amafuta omfelokazi. UElisha nomShunemikazi.

ebomvu njengegazi: **23** a ti, Yigazi loku; impela amakosi a bujisiwe nokubujiswa, a bulele ilowo umngane wake: empangwenike, Moabe! **24** Kwa t'uba a fike ekamu labaIsraeli, ba suka abaIsraeli ba wa cita ama-Moabe, a baleka pambi kwabo; ba ngena ezweni be wa cita amaMoabe. **25** Ba diliza imizi; eziqepwini zonke ezinhle zezwe ba ponsa kwa ilowo itshe lake, ba zi gcwalisa; ba vimba imitombo yonke yamanzi, ba wisa yonke imiti emihle, kwa za kwa ba seKiri-hareseti, kupela, lapo ba shiya kona amatshe alo; noko abamalengiso ba li zungeza ba li shaya. **26** Ya ti inkosi ya kwa Moabe ukubona ukuba ukulwa ku yi dhlungele, ya tata abantu aba ngamakulu a isikombisa aba hloma inkemba, ukuba i fohlele enkosini ya kwa Edom; kodwa b'ahluleka. **27** Ya se i tata indodana yayo e bi za kubusa esikundhleni sayo, ya yi nikela i be umnikelo oshiswayo pezu kwogange. Kwa se ku ba kona ulaka olukulu kwa Israeli: ba suka kuyo, ba buyela ezweni la kubo.

4 Kwa kala owesifazana otile wa ku bafazi bamadodana abaprofeti ku Elisha, e ti, Inceku yako indoda yami i file; u y'azi ukuba inceku yako ya i m esaba uJehova: u fikile umtsheleki ukuzitatela abantwana bami ababili ba be izigqili. **2** UElisha wa ti kuye, Ngi kwenzele ntoni na? ngi tshele; u nantoni endhlini na? Wa ti, Incekukazi yako a i na luto endhlini, umfuma wamafuta kupela. **3** Wa s'e ti, Hamba, u yo tsheleka izitsha ngapandhle kubo bonke abakelwane bako, izitsha ezize; zi nga bi ingcozana. **4** Wo ngena, u zivalele ngezicabha namadodana ako, u tululele ezitsheni zonke lezo; u gudhluze ezigcweleyo. **5** W'esukake kuye, wa zivalela ngesicabha namadodana ake; a sondeza kuye izitsha, wa tulula yena. **6** Kwa ti lapo izitsha se zi gcwele, wa ti endodaneni yake, Sondeza esinye isitsha. Ya ti kuye, A ku seko sitsha. A se nqamukake amafuta. **7** Wa s'e ya kumtshela umuntu ka Nkulunkulu. Wa ti, Hamba, u tengise ngamafuta, u koke isikweneti sako, ni pile wena namadodana ako ngaseleyo.

8 Kwa ti ngosuku olutile, uElisha wa dhlulela eShunem, lapa kwa ku kona owesifazana odumileyo; wa m cindezela ukuba a dhle ukudhla. Kwa ku ti nxa e dhluladhlula a pambukele kona ukuba a dhle ukudhla. **9** Wa ti endodeni yake, Bheka, ngi ya bona ukuti lo ngumuntu ongcwele ka Nkulunkulu o dhlula kiti njalonjalo. **10** A ke s'enze ikamelo elincane odongeni; si m bekele kona umbede, netafula, nesihlalo, noti lwesibani: ko ti ekufikeni kwake kitina a pambukele kona. **11** Kwa ti ngosuku olutile wa fika kona, wa pambukela ekamelweni, wa lala kona. **12** Wa se ti ku Gehazi umfana wake, Biza lo mShunemikazi. E se m bizile, w'ema pambi kwake. **13** Wa s'e ti kuye, A ke u ti kuye, Bheka, wena u si nakekele ngako konke ukusinakekela loku; u ng'enzelwani na? u ya tanda ukukulunyelwa enkosini, noma ku senduneni yempi na? Wa ti, Ngi hlezi pakati kwabantu ba kiti. **14** Wa ti, Po, a ng'enzelwani na? UGehazi wa ti, Impela ka na ndodana, nendoda yake i si gugile. **15** Wa ti, M bize. E se m bizile, w'ema emnyango. **16** Wa ti, Nga lesi sikati nyakenye, u ya kusingata indodana. Wa ti, Ayi, nkosi yami, muntu ka Nkulunkulu, u nga qamb'amanga encekukazini yako.

17 Owesifazana wa kulelwa, wa zala indodana nga leso sikati nyakenye, njengokusho ku ka Elisha kuye. **18** Kwa ti lapo umntwana e se kulile, ngolunye usuku wa puma wa ya ku yise ku bavuni. **19** Wa ti ku yise, Nga fa ikanda, nga fa ikanda. Wa s'e ti uyise ku mfana, M twale u m yise ku nina. **20** Kwa ti lapo e se m twalile, wa m yisa ku nina, wa hlala ematangeni ake kwa za kwa ba semini enkulu wa s'e fa. **21** W'enyuka, wa m lalisa embedeni womuntu ka Nkulunkulu, wa m valela pakati, wa puma. **22** Wa biza indo-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UElisha u vusa indodana yomShunemikazi. U pa abantu ukudhla.

da yake, wa ti, A k'u ngi tumele omunye wabafana nenye yezimbongolo, ukuba ngi gijime ngi ye ku muntu ka Nkulunkulu, ngi buye ngi buye. **23** Ya ti, U yelani kuye namhla na? a silo usuku lokutwasa kwenyanga, a silo nesabata. Wa ti, Ku lungile nje. **24** Wa s'e bopela imbongolo, wa ti ku mfana wake, Quba, u hambe; u nga ngi yekeziseli ukuhamba uma ngi nga sho. **25** Wa hambake, wa fika ku muntu ka Nkulunkulu entabeni iKarmeli.

Kwa t'uba umuntu ka Nkulunkulu a m bone e kude, wa ti ku Gehazi umfana wake, Bheka, nanguya lo mShunemikazi: **26** A ke u gijime, u m hlangabeze, u ti kuye, U sa hlezi kahle na? i sa hlezi kahle indoda yako na? u sa hlezi kahle umntwana na? Wa ti, Ku sa hleziwe kahle. **27** Kwa t'uba a fike ku muntu ka Nkulunkulu entabeni, wa m bamba ngezinyawo. UGehazi wa sondela ukuba a m hlohloloze; kepa umuntu ka Nkulunkulu wa ti, M yeke: ngokuba inhliziyo yake i nomunyu; kepa uJehova u ngi fihlele, a ka ngi tshelanga. **28** Wa s'e ti, Nga ke nga yi cela yini indodana enkosini yami na? inganti nga ti, U nga ngi kohlisi na? **29** Wa s'e ti ku Gehazi, Bopa ukalo lwako, u tate udondolo lwami ngesandhla sako, u hambe: uma u hlangana nomuntu, u nga m bingeleli; noma umuntu e ku bingelela, u nga vumi: u beke udondolo lwami pezu kwobuso bomfana. **30** Wa ti unina womfana, E kona uJehova, u kona umpefumulo wako, a ngi z'ukukushiya. Wa suka, wa m landela. **31** UGehazi wa dhlulela pambili kwabo, wa beka udondolo pezu kwobuso bomfana; kepa a kwa bako lizwi na kunaka. Ngakoke wa buya wa m hlangabeza, wa m tshela wa ti, Ka vukanga umfana.

32 UElisha e se ngenile endhlini, bheka, umfana wa e file, e laliswe embedeni wake. **33** Wa ngenake, wa vala ngesicabha be bobabili, wa tandaza ku Jehova. **34** W'enyuka wa lala pezu kwomntwana, wa beka umlomo wake pezu kwomlomo wake, namehlo ake pezu kwamehlo ake, nezandhla zake pezu kwezandhla zake: wa z'elula pezu kwake; inyama yomntwana ya i si fudumala. **35** Wa s'e ya buya wa ti qu ngalapa na ngalapa endhlini; wa buya w'enyuka wa z'elula pezu kwake: umfana wa timula kakombisa, umfana wa vula amehlo ake. **36** Wa biza uGehazi, wa ti, Biza lo mShunemikazi. Wa m bizake. E se ngenile kuye, wa ti, Tabata indodana yako. **37** Wa s'e ngena wa wa ezinyaweni zake, wa kotamela pansi; wa tabata indodana yake, wa puma.

38 UElisha wa buyela eGiligali. Kwa ku kona indhlala ezweni; amadodana abaprofeti a be hlezi pambi kwake; wa ti ku mfana wake, Beka ikanzi elikulu, u pekele amadodana abaprofeti ukudhla. **39** Kwa puma omunye wa ya endhle ukuka imifino, wa fumana umlibo wa sendhle, w'aka kuwo amatangazane, ya gcwala ingubo yake, wa fika wa wa hxabelela ekanzini lokudhla; ngokuba ba be nga w'azi. **40** Ba se be pakela abantu ukuba ba dhle. Kwa ti lapo be sa dhla ukudhla, ba kala ba ti, Habe, muntu ka Nkulunkulu, ku kona ukufa ekanzini. Ba be nge na kukudhla. **41** Kepa wa s'e ti, Letani impupu. Wa yi tela ekanzini; wa ti, Ba pakele abantu ba dhle. A kwa bako okubi ekanzini.

42 Kwa fika umuntu e vela eBaleshalisha, wa letela umuntu ka Nkulunkulu ukudhla kwolibo, izinkwa zebarle ezi ngamashumi amabili, nezikwebu ezinstha zamabele enqalatini yake. Wa ti, Ba nike abantu, ba dhle. **43** Sa se si ti isikonzi sake, Yini, ngi ku beke loku pambi kwabantu aba ikulu na? Kepa wa ti yena, Ba nike abantu ba dhle; ngoba u ti uJehova, Ba ya kukudhla, ku sale. **44** Ngakoke wa ku beka pambi kwabo, ba dhla, kwa sala, njengezwi li ka Jehova.

5 UNaman induna yenkosi ya seSiriya wa e ngumuntu omkulu pambi kwenkosi yake, e tuseka, ngo-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kuba uJehova wa e li nike iSiriya ukunqoba ngaye: futi lo muntu wa e isiqwaga esi iqawe, kepa e nocoko. 2 AmaSiriya a be pumile ngamaviyo, a tumba ezweni la kwa Israeli intombazana encinyane, ya ba isitolwa ku mka Naman. 3 Ya ti enkosikazini yayo, Sengati inkosi yami nga i be i pambi kwomprofeti o seSamariya! ngoba yena u be ya kuyipilisa ocokweni lwayo. 4 Kwa ngena umuntu, wa tshela inkosi yake, wa ti, Intombazana ya sezweni la kwa Israeli i sho ukuti nokuti. 5 Inkosi ya seSiriya ya ti, Hambake, ngi za kutumela incwadi enkosini ya kwa Israeli. Wa hambake wa pata ngesandhla sake amatalenta a ishumi esiliva, nezinhlamvu zegolide ezi izinkulungwane ezi isitupa, nezingubo zokupendulela ezi ishumi. 6 Wa yisa incwadi enkosini ya kwa Israeli, e ti, Kalokuke lapo le ncwadi i si fikile kuwe, bheka, ngi tume uNaman inceku yami kuwe, ukuba u m pilise ocokweni lwake. 7 Kwa ti lapo inkosi ya kwa Israeli i si fundile incwadi, ya hxebula izingubo zayo, ya ti, Ngi nguNkulunkulu yini mina, ukuba ngi bulale nokuba ngi pilise, ukuba lo a tumele kimi ukupilisa umuntu ocokweni lwake na? a ke ni qonde pela, ni bone ukufuna kwake ituba lokuxabana nami.

8 Kwa t'uba uElisha umuntu ka Nkulunkulu ezwe ukuba inkosi ya kwa Israeli i hxebule izingubo zayo, wa tumela enkosini wa ti, U hxebuleleni izingubo zako na? ma k'eze kimi, kona e ya kwazi ukuti ku kona umprofeti kwa Israeli. 9 Wa fikake uNaman namahashi ake nezinqolana zake, w' ema emnyango wendhlu ka Elisha. 10 UElisha wa tumela kuye isigijimi e ti, Hamba u yo geza kakombisa eJordan, ko ti inyama yako i buyele kuwe u hlambululeke. 11 UNaman wa tukutela, wa hamba wa ti, A ke ni bheke, impela be ngi ti, U za kupuma eze kimi, eme, a tete igama li ka Jehova uNkulunkulu wake, a zulise isandhla sake pezu kwendawo, a polise ucoko. 12 Angiti, uAbana noFarepare imifula ya seDamaseku mihle kunawo onke amanzi a kwa Israeli na? po, ngi nge geze kuyo, ngi hlambululeke na? Wa penduka wa hamba, e tukutele. 13 Za se zi sondela izinceku zake, za kuluma kuye, za ti, Baba, nxa umprofeti e be kulume kuwe into enkulu, u bu nga yi kuyenza na? kangakanani po loku u te kuwe, Geza u hlambululeke? 14 Wa s'ehla wa zicwilisa eJordan kakombisa, njengokusho kwomuntu ka Nkulunkulu; inyama yake ya buya ya ba njengenyama yomntwana omncane, wa hlambululeka.

15 Wa buyela ku muntu ka Nkulunkulu, yena nesigaba sake sonke, wa fika, w'ema pambi kwake, wa ti, Bheka, manje se ngi y'azi ukuba a kuko Nkulunkulu emhlabeni wonke, kupela kwa Israeli: a ke wamkele isipo encekwini yako. 16 Kepa wa ti, E kona uJehova engi mi pambi kwake, a ngi yi kwamkela luto. Wa m ncosholozela ukuba a s'amkele; wa nqaba. 17 Wa ti uNaman, Kepa noma ku nge njalo, ma ku nikwe inceku yako umhlabati, umtwalo wezimbongolo ezimbili; ngokuba inceku yako a i sa yi kunikela konkulunkulu abanye umnikelo oshiswayo nomhlatshelo, kupela ku Jehova. 18 Ku le nto uJehova ma ka tetelele inceku yako: ekungeneni kwenkosi yami endhlini ka Rimon ukukuleka kona, yencike esandhleni sami, ngi kotame endhlini ka Rimon, lapo ngi kotama endhlini ka Rimon, uJehova ma ka tetelele inceku yako ku le nto. 19 Wa ti kuye, Hamba kahle. Wa sukake kuye wa hamba ibangana.

20 Kepa uGehazi umfana ka Elisha, umuntu ka Nkulunkulu, wa ti, Bheka, inkosi yami i m yekile uNaman lo, umSiriya, ngokungamkeli esandhleni sake akuletileyo: e kona uJehova, ngi ya kugijima ngi m landele, ngi tate into kuye. 21 UGehazi wa m landelake uNaman. UNaman wa t'ukubona umuntu e gijima emva kwake, w'ehlika enqolaneni ukumhlangabeza, wa ti, Ku hleziwe

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kahle na? 22 Wa ti, Ku hleziwe kahle. Inkosi yami i ngi tumile, i ti, Bheka, konamanje ku fike kimi izinsizwa ezimbili ku madodana abaprofeti, zi vela ezintabeni za kwa Efrayim; a ke u zi nike italenta li be linye lesiliva, nezingubo zokupendulela ezimbili. 23 Wa ti uNaman, Vuma, tata amatalenta amabili. Wa m ncosholozela, wa bopa amatalenta esiliva amabili ezikwameni ezimbili, nezingubo zokupendulela ezimbili, wa kwetwesa abafana bake ababili; ba ku twala pambi kwake. 24 Kwa t'uba a fike egangeni wa ku tata esandhleni sabo, wa ku beka endhlini; wa mukisa abantu, ba hamba. 25 Kepa yena wa ngena w'ema pambi kwenkosi yake. Wa ti uElisha kuye, U velapi Gehazi? Wa ti, Inceku yako i bi nga ye ndawo. 26 Wa ti kuye, Angiti inhliziyo yami i hambe nawe lapo lo muntu e penduka enqolaneni yake ukukuhlangabeza na? Ku isikati yini sokwamkela imali, nokwamkela izingubo, namasimu eminqumo nezivini, nezimvu nezinkomo, nezigqili nezigqilikazi? 27 Ngakoke ucoko lu ka Naman lu za kunamatela ku wena, na senzalweni yako ku ze ku be nini. Wa puma pambi kwake e nocoko lu njengongqoqwane.

6 Amadodana abaprofeti a ti ku Elisha, Bheka, indawo esi hlala kuyo pambi kwako i si nyinyile. 2 A ke si ye eJordan, ku be ilowo a tate umqadi kona, si z'enzele kona indawo esi nga hlala kuyo. Wa ti, Hambanike. 3 Wa ti omunye, A ke u vume u hambe nezinceku zako. Wa ti, Ngi za kuhamba. 4 Wa s'e hamba nabo. Se be fikile eJordan, ba gaula imiti. 5 Kwa ti omunye e sa wisa umqadi, insimbi ya wela emanzini; wa kala wa ti, Maye, nkosi yami! i bi tshelekiwe. 6 Wa ti umuntu ka Nkulunkulu, I welepi na? Wa m bonisa indawo. Wa nquma uti, wa lu ponsa kona, wa yi ntantisa insimbi. 7 Wa s'e ti, Yi coshe. W'elula isandhla sake, wa yi tata.

8 Inkosi ya seSiriya ya se i lwa noIsraeli; ya lulekana nezinceku zayo, i ti, Ukungenisa kwami ko ba sekutinitini. 9 Umuntu ka Nkulunkulu wa tumela enkosini ya kwa Israeli, e ti, Qapela u nga dhluli endaweni etile; ngokuba amaSiriya a za kwehlela kona. 10 Inkosi ya kwa Israeli ya tumela ku leyo ndawo umuntu ka Nkulunkulu a m tshele ngayo a yi xwayise ngayo; ya zisindisa kona, a ku banga kanye na kabili. 11 Inhliziyo yenkosi ya seSiriya ya shobiza kakulu nga leyo nto; ya biza izinceku zayo ya ti kuzo, Ni nge ngi tshele ukuti ubani wa kiti o vuna inkosi ya kwa Israeli na? 12 Enye yezinceku zake ya ti, Ayi, nkosi yami, nkosi yezwe; uElisha umprofeti o kona kwa Israeli u tshela inkosi ya kwa Israeli amazwi owakulumayo u sekamelweni lako lokulala. 13 Ya ti, Hambani ni yo bona lapo e kona, ukuba ngi tumele ngi m lande. Ya tshelwa kwa tiwa, Bheka, u seDotan.

14 Ngakoke ya tumela kona amahashi nezinqolana zempi, nempi enkulu: ba fika ebusuku, ba kaka umuzi. 15 Kwa ti ukuvuka kwesikonzi somuntu ka Nkulunkulu ekuseni, si puma, nansi impi i namahashi nezinqolana zempi i haqe umuzi. Umfana wake wa ti kuye, Maye, nkosi yami! si zo kwenze njani na? 16 Wa ti, U ng'esabi; ngokuba aba nga kitina baningi kunaba nga ku bona. 17 UElisha wa tandaza, wa ti, Jehova, a ke u vule amehlo ake, a bone. UJehova wa vula amehlo a leyo nsizwa, ya bona: bheka, intaba ya i gcwele amahashi nezinqolana zomlilo zi m haqile uElisha. 18 Be s'ehlela kuye, uElisha wa tandaza ku Jehova, wa ti, A ke u shaye lesi sizwe ngobumpumpute. Wa ba shayake ngobumpumpute njengezwi li ka Elisha. 19 Wa ti kubo uElisha, A siyo indhlela le, futi a siwo umuzi lo: ngi landeleni, ngi ni yise ku muntu enimfunayo. Wa ba yisa eSamariya.

20 Kwa ti se be ngene eSamariya,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umuzi u vinjezelwa. UElisha u tembisa inala. Ku bika aba nocoko.

uElisha wa ti, Jehova, vula amehlo a laba bantu, ba bone. UJehova wa vula amehlo abo, ba bona; naku, se be pakati kweSamariya. **21** Inkosi ya kwa Israeli ya ti ku Elisha i si ba bonile, Baba, ngi ba bulale na? ngi ba bulale na? **22** Wa ti, U nga ba bulali: u nga ba bulala yini labo o ba tumbe ngenkemba yako na ngomnsalo wako na? beka ukudhla namanzi pambi kwabo, ba dhle ba puze ba buyele enkosini yabo. **23** Wa b'enzela esikulu isipihli; se be dhlile, ba puza, wa ba mukisa, ba buyela enkosini yabo. Amaviyo a seSiriya a buyanga a ngene ezweni la kwa Israeli.

24 Kwa ti ngasemva kwa loku uBen-hadadi inkosi ya seSiriya wa qoqa impi yonke yake, w'enyuka, wa vimbezela iSamariya. **25** Kwa ba kona indhlala enkulu eSamariya: bheka, ba li vimbezèla, kwa za kwa ti ikanda lembongolo la tengisa izinhlamvu zesiliva ezi ngamashumi a isishiyangalombili, okwesine kwekabi lendhle yejuba kwa tengisa izinhlamvu ezi isihlanu zesiliva. **26** Kwa ti inkosi ya kwa Israeli i dhlula pezu kwogange, kwa memeza owesifazana kuyo, wa ti, Peleka, nkosi yami, nkosi yezwe. **27** Ya ti, Uma uJehova e nga ku peleki, mina ngi nga ku peleka ngoku velapi na? ngoku vela esibuyeni, noma esikamweni sevini na? **28** Inkosi ya ti kuye, U nani na? Wa ti, Lo wesifazana u te kimi, Leta indodana yako si yi dhle namhla, ngomso si ya kudhla indodana yami. **29** Si yi pekileke indodana yami, sa yi dhla: nga ngomso nga ti kuye, Leta indodana yako si yi dhle; kepa u yi tukusile indodana yake. **30** Kwa t'uba inkosi i zwe amazwi owesifazana, ya hxebula izingubo zayo (ya i dhlula pezu kwogange); abantu ba buka, bheka, ya i nendwangu yamasaka ngapakati emzimbeni. **31** Ya se i ti, UNkulunkulu a k'enze njalo kimi, elekele futi, uma ikanda li ka Elisha ka Shafati li za kuma pezu kwake namhlanje.

32 Kepa uElisha wa e hlezi endhlini yake, amalunga a e hlezi naye; inkosi ya tuma umuntu o be pambi kwayo: kepa isigijimi si nga ka fiki kuye, wa ti emalungeni, Ni ya bona nje ukuba le ndodana yombulali i tume ukususa ikanda lami na? bhekani, ekufikeni kwesigijimi valani umnyango, ni si vimbele ngesicabha: a ku sizo izigqi zezinyawo zenkosi yaso ngasemva kwaso na? **33** E sa kuluma nawo, nasi isigijimi s'ehlela kuye: sa ti, Bhekani lobu bubi bu vela ku Jehova; ngi sa m hlalelelani uJehova na? **1** UElisha wa ti, **7** Yizwani izwi li ka Jehova: u ti uJehova, Ngomso nga lesi sikati isilinganiso sempupu ecolekileyo si ya kutengisa ishekeli, nezilinganiso ezimbili zebarle ishekeli, esangweni la seSamariya. **2** Kwa se ku pendula induna inkosi eya ncika esandhleni sayo, ya ti ku muntu ka Nkulunkulu, Bheka, kona uma uJehova enza izintuba ezulwini le nto i ngə ba kona na? Wa ti, Bheka, wena u ya kukubona ngamehlo ako, u nga dhli kuko.

3 Kwa ku kona entubeni yesango abantu abane aba nocoko: ba ti omunye komunye, Si hlaleleni lapa si ze si fe na? **4** Uma si ti, Si za kungena emzini, ku kona indhlala emzini, si ya kufa kona; noma si hlala lapa, si ya kufa futi. Ma si hambe si hlubukele empini yamaSiriya: uma e si sindisa si ya kupila; uma e si bulala, si ya kufa nje. **5** Ba suka ku swelela, ba ya ekamu lamaSiriya: se be fikile emapetelweni ekamu lamaSiriya, bheka, kwa ku ngeko muntu kona. **6** Ngokuba iNkosi ya y'enze impi yamaSiriya i zwe umsindo wezinqolana zempi nomsindo wamahashi, nomsindo wempi enkulu: ba ti omunye komunye, Habe, inkosi ya kwa Israeli i tole ngemali amakosi amaHiti, namakosi aba sEgipite, ukuba a si fikele. **7** Ngakoke ba suka, ba baleka ku swelela, ba shiya amatente abo, namahashi abo, nezimbongolo zabo, nekamu li njengokuba li njalo, ba baleka ukuba

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku fa induna e nga kolwanga. Ku buyiswa izwe lomShunemikazi.

ba sinde. 8 Ba t'ukufika laba aba nocoko emapetelweni ekamu, ba ngena kwelinye itente, ba dhla ba puza, ba tuta kona isiliva, negolide, nezingubo, ba ya ba ku tukusa.

9 Ba se be ti omunye komunye, A ku iko, loku esikwenzayo; namhla ku lusuku lwodaba oluhle, kepa tina si tule nje: uma si libala ku ze ku se kusasa, si ya kubadanywa icala; kaloḳuke ma si hambe, si ye kotshela abendhlu yenkosi. 10 Ba fikake ba memeza umlindi wesango lomuzi; ba ba tshela ba ti, Si fike ekamu lamaSiriya, bheka, kwa ku ngeko muntu kona, na zwi la muntu, kupela amahashi e boshiwe, nezimbongolo zi boshiwe, namatente e njengokuba e njalo. 11 Wa memeza abalindi bamasango; ba ku bika kwabendhlu yenkosi pakati. 12 Inkosi ya vuka ebusuku, ya ti ezincekwini zayo, A ke ngi ni tshele loko okwenziwe amaSiriya kitina. A y'azi ukuba si lambile; ngako a pumile ekamu a ya kucasha endhle, e ti, Ekupumeni kwabo emzini si ya kubabamba bezwa, si ngene emzini. 13 Ya pendula enye yezinceku zayo ya ti, Abanye ma ba tate amahashi a isihlanu ku lawo aseleyo, a sa sele emzini (bheka, ba njengesixuku sonke sa kwa Israeli esiseleyo kuwo; bheka, ba njengesixuku sonke sa kwa Israeli esipelileyo); a ke si tumele si bone. 14 Ba tata izinqolana zempi ezimbili namahashi; inkosi ya tumela ukulandela impi yamaSiriya, ya ti, Hambani ni yo bona. 15 Ba wa landelake ba ze ba fika eJordan: bheka, indhlela yonke ya i gcwele izingubo nezimpahla eza zi lahlwe amaSiriya ngokuyayateka kwawo. Za buyake izigijimi za tshela inkosi.

16 Ba se be puma abantu, ba panga ikamu lamaSiriya. Isilinganiso sempupu ecolekileyo sa tengisa ishekeli, nezilinganiso ezimbili zebarle za tengisa ishekeli, njengezwi li ka Jehova. 17 Inkosi ya misa induna eya i ncika esandhleni sayo, ukuba i linde isango: abantu ba yi nyatela esangweni, ya fa, njengokusho kwomuntu ka Nkulunkulu, o kulume ekwehleleni kwenkosi kuye. 18 Kwa ba njengokusho kwomuntu ka Nkulunkulu enkosini, ukuti, Izilinganiso ezimbili zebarle ngeshekeli, nesilinganiso sempupu ecolekileyo ngeshekeli, ku ya kuba kona ngomso nga lesi sikati esangweni la seSamariya; 19 leyo nduna ya pendula umuntu ka Nkulunkulu, ya ti, Bheka, kona uma uJehova enza izintuba ezulwini le nto i nga ba kona na? Wa ti, Bheka, wena u ya kukubona ngamehlo ako, u nga dhli kuko: 20 Kwa ba njaloke kuyo; ngoba abantu ba yi nyatela esangweni ya fa.

8 UElisha wa e kulumile ku lo wesifazana o ndodana yake ayivusayo, e ti, Suka, u hambe wena nabendhlu yako, u ti gozololo lapo u nga ti gozololo kona: ngoba uJehova u bize indhlala; futi i za kufika ezweni iminyaka e isikombisa. 2 Owesifazana w'esuka, w'enza njengezwi lomuntu ka Nkulunkulu; wa hamba nabendhlu yake, wa hlala ezweni lamaFilisti iminyaka e isikombisa. 3 Kwa ti ekupeleni kweminyaka e isikombisa, owesifazana wa buya ezweni lamaFilisti: wa puma wa ya kuzikalela enkosini ngendhlu yake na ngezwe lake. 4 Inkosi ya i kuluma noGehazi umfana womuntu ka Nkulunkulu, i ti, A ke u ngi landise zonke izinto ezinkulu azenzileyo uElisha. 5 Kwa ti, e sa yi landisa inkosi ngokuvusa kwake owa e file, kanti nangu owesifazana o ndodana yake ayivusayo, e zikalela enkosini ngendhlu yake na ngezwe lake. UGehazi wa s'e ti, Nkosi yami, nkosi yezwe, yilo owesifazana, yile indodana yake uElisha ayivusayo. 6 Lapo inkosi i buza owesifazana, wa yi landisa. Inkosi ya m nikake induna etile, i ti, Buyisela konke okwake, nokutela konke kwezwe lake seloku wa shiya izwe ku ze ku be manje.

7 UElisha wa ya eDamaseku; uBen-hadadi inkosi ya seSiriya wa e gula; wa tshelwa kwa tiwa, Umuntu ka Nkulunkulu u fikile lapa. 8 Inkosi ya ti ku Hazayeli, Pata isipo

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UBen-hadadi u bulawa uHazayeli.

ngesandhla sako, u hambe u yo hlangabeza umuntu ka Nkulunkulu, u buze ngaye ku Jehova, u ti, Ngi ya kululama ku loku kufa na? **9** UHazayeli wa ya kumhlangabeza, e pete isipo ngesandhla, kuko konke okuhle kwa seDamaseku, imitwalo yamakamelo a ngamashumi amane, wa fika w'ema pambi kwake, wa ti, Indodana yako uBen-hadadi, inkosi ya seSiriya, u ngi tumile kuwe e ti, Ngi ya kululama ku loku kufa na? **10** UElisha wa ti kuye, Hamba u ti kuye, U za kululama nokululama; noko uJehova u ngi bonisile ukuba u za kufa nokufa. **11** Wa s'e m jamela wa mu ti njo wa ze wa jaba: wa s'e kala umuntu ka Nkulunkulu. **12** UHazayeli wa ti, Inkosi yami i kalelani na? Wa ti, Yingokuba ngi y'azi ububi o ya kubenza kwaba kwa Israeli; izinqaba zabo u ya kuzitungela ngomlilo, izinsizwa zabo u ya kuzibulala ngenkemba, izingane zabo u ya kuziswacaza pansi, abesifazana babo abakulelweyo u ya kubaqaqa. **13** UHazayeli wa ti, I yini inceku yako loku i yinja nje, ukuba i ng'enza le nto enkulu na? Wa ti uElisha, UJehova u ngi bonisile ukuba u za kuba inkosi eSiriya. **14** Wa s'e suka ku Elisha, wa fika enkosini yake; ya ti kuye, UElisha u teni kuwe na? Wa ti, U ngi tshele ukuti u ya kululama nokululama. **15** Kwa ti nga ngomso wa tata indwangu wa yi cwilisa emanzini, wa yi mboza ubuso ngayo, ya fa: uHazayeli wa busa esikundhleni sayo.

16 Ngomnyaka wesihlanu ka Joram ka Ahabi inkosi ya kwa Israeli, uJehoshafati e yinkosi ya kwa Juda, uJehoram ka Jehoshafati inkosi ya kwa Juda wa qala ukubusa. **17** Wa e neminyaka e ngamashumi amatatu nambili ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa iminyaka e isishiyangalombili eJerusalem. **18** Wa hamba ngendhlela yamakosi a kwa Israeli, njengokwenza kwendhlu ka Ahabi: ngokuba indodakazi ka Ahabi ya i umkake; w'enza okubi emehlweni ka Jehova. **19** Noko uJehova ka vumanga ukucita uJuda, ngenxa ka Davida inceku yake, njengokumetembisa kwake ukumnika isibani sabantwana bake njalonjalo.

UJehoram noAhaziya kwa Juda.

20 Ezinsukwini zake uEdom wa hlamuka pansi kwesandhla si ka Juda, ba zibekela inkosi. **21** UJoram wa s'e dhlulela eZahire, izinqolana zonke zake zempi zi kanye naye: wa suka ebusuku, wa cita amaEdom amhaqileyo, nezinduna zezinqolana zempi; abantu ba balekela ematenteni abo. **22** UEdom wa hlamukake pansi kwesandhla si ka Juda ku ze ku be namhlanje. NeLibena la hlamuka nga leso sikati. **23** Ezinye izindaba zi ka Joram, nako konke akwenzayo, angiti ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Juda? **24** UJoram wa lala na okoko bake, w'embelwa na okoko bake emzini ka Davida; UAhaziya indodana yake wa busa esikundhleni sake.

25 Ngomnyaka weshumi nambili ka Joram ka Ahabi, inkosi ya kwa Israeli, uAhaziya ka Jehoram inkosi ya kwa Juda wa qala ukubusa. **26** UAhaziya wa e neminyaka e ngamashumi amabili nambili ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa umnyaka wa ba munye eJerusalem. Igama li ka nina la li nguAtaliya indodakazi ka Omri inkosi ya kwa Israeli. **27** Wa hamba ngendhlela yendhlu ka Ahabi, w'enza okubi emehlweni ka Jehova, njengendhlu ka Ahabi; ngokuba wa e ngumkwenyana wendhlu ka Ahabi. **28** Wa hamba noJoram ka Ahabi ukuyokulwa noHazayeli, inkosi ya seSiriya, eRamoti-giliyadi: amaSiriya a kubaza uJoram. **29** Inkosi uJoram ya buyela eJezereli ukuba elashwe amanxeba amaSiriya a e m kubaze ngawo eRama, ekulweni kwake noHazayeli inkosi ya seSiriya. UAhaziya ka Jehoram, inkosi ya kwa Juda, w'ehlela eJezereli ukuyobona uJoram ka Ahabi, ngokuba wa e gula.

9 UElisha umprofeti wa biza omunye wamadodana abaprofeti, wa ti kuye, Binca ukalo lwako, u pate lomfuma wamafuta ngesandhla sako,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Isigijimi si ka Elisha si gcoba uJehu; wenzela uJoram uzungu.

u ye eRamoti-giliyadi. 2 Ekufikeni kwako lapo, wo bheka uJehu ka Jehoshafati ka Nimshi, u ngene, u m sukumise pakati kwabafo wabo, u m yise ekamelweni eli ngapakati. 3 U b'u s'u tata umfuma wamafuta, u m tele ekanda, u ti, U ti uJehova, Ngi ku gcobile u be inkosi kwa Israeli. U b'u s'u vula umnyango u baleke u nga libali. 4 Insizwa, yebo, insizwa e ngumprofeti, ya ya-ke eRamoti-giliyadi. 5 Ekufikeni kwayo, bheka, izinduna zempi za zi hlezi; ya ti, E nduna, ngi nezwi kuwe. UJehu wa ti, Ku yipi kitina sonke na? Ya i si ti, Kuwe, nduna. 6 Ya sukake, ya ngena endhlini; ya m tela amafuta ekanda, ya ti kuye, U ti uJehova, uNkulunkulu ka Israeli, Ngi ku gcobile u be inkosi yabantu ba ka Jehova, kwa Israeli. 7 U ya kucita indhlu ka Ahabi inkosi yako, ukuze ngi pindisele igazi lezinceku zami abaprofeti, negazi lezinceku zonke zi ka Jehova, esandhleni si ka Jezebele. 8 Ngokuba indhlu yonke ka Ahabi i ya kububa; ngi za kunquma ku Ahabi umntwana wonke wesilisa, naye ovalelweyo naye oyekiweyo kwa Israeli. 9 Ngi za kwenza indhlu ka Ahabi i be njengendhlu ka Jeroboam ka Nebati, na njengendhlu ka Basha ka Ahija. 10 Izinja zi ya kudhla uJezebele esabelweni sezwe sa seJezereli, ku nga biko owokummbela. Ya i si vula umnyango, ya baleka.

11 UJehu wa s'e puma wa ya ezincekwini zenkosi yake: kwa tiwa kuye, Ku hleziwe kahle na? be lu zeleni lolu hlanya kuwe na? Wa ti kubo, Ni ya m azi lo muntu nenkulumo yake. 12 Ba ti, Amanga; a k'u si tshele. Wa ti, U kulume kimi wa sho ukuti nokuti, e ti, U ti uJehova, Ngi ku gcobile u be inkosi kwa Israeli. 13 Ba se be shesha, ba tata ilowo ingubo yake, ba zi beka pansi kwake pezulu ezinyatelweni, ba shaya icilongo ba ti, UJehu u inkosi.

14 Kwa ti ke uJehu ka Jehoshafati ka Nimshi w'enzela uJoram uzungu. (UJoram wa e linde iRamoti-giliyadi, yena noIsraeli wonke, ngenxa ka Hazayeli inkosi ya seSiriya; 15 kodwa inkosi uJoram ya i buyele eJezereli ukuba yelashwe amanxeba amaSiriya a e m kubaze ngawo ekulweni kwake noHazayeli inkosi ya seSiriya.) UJehu wa ti, Uma ku ngumqondo wenu loku, a ku nga pumi ku lo muzi noyedwa a baleke, a ye kobika eJezereli. 16 UJehu wa kwela enqolaneni yempi, wa ya eJezereli; ngokuba uJoram wa e lele kona. UAhaziya inkosi ya kwa Juda wa ehlele ukuya kombona uJoram.

17 Umlindi wa e mi emboshongweni eJezereli, wa bona iviyo li ka Jehu li za, wa ti, Ngi bona iviyo. UJoram wa ti, Tata o gibela ihashi u m tume ukubahlangabeza, a ti, Ngukutula na? 18 Kwa ya-ke o gibela ihashi ukumhlangabeza, wa ti, I ti inkosi, Ngukutula na? UJehu wa ti, U na ndabani wena nokutula? buyela ngasemva kwami. Umlindi wa s'e bika wa ti, Isigijimi si fike kubo, kepa ka si buyi. 19 Wa s'e tumela owesibili o gibela ihashi owa fika kubo, wa ti, I ti inkosi, Ngukutula na? UJehu wa ti, U na ndabani wena nokutula? buyela ngasemva kwami. 20 Umlindi wa bika wa ti, U ye wa fika kubo, kepa ka sa buyi: ukuquba ku fana nokuquba ku ka Jehu ka Nimshi; ngokuba u quba ngobupekupeku.

21 UJoram wa s'e ti, Bopelani. Ba se be bopela inqolana yake. Kwa se ku puma uJoram inkosi ya kwa Israeli noAhaziya inkosi ya kwa Juda, ilowo e senqolaneni yake, ba puma ukuhlangabeza uJehu, ba m fumana esabelweni si ka Naboti umJezereli. 22 Kwa t'uba uJoram a bone uJehu, wa ti, Ngukutula, Jehu na? Wa ti, Ukutula kuni, ubufebe bu ka nyoko uJezebele nobungoma bake bu se buningi kangaka na? 23 UJoram wa cezula amahashi ngezandhla zake wa baleka, wa ti ku Ahaziya, Ku kona ugobe, Ahaziya. 24 UJehu wa s'e dumela umnsalo wake, wa m shaya uJoram emkatini

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U bulala uJoram noAhaziya noJezebele namadodana ka Ahabi.

wamahlombe; umcibisholo wa pumela ngasenhliziyweni yake, wa ti fofololo enqolaneni yake. **25** UJehu wa s'e ti ku Bidekare induna yake M tate u m ntshinge esabelweni sezwe li ka Naboti umJezereli; ngoba kumbula ukuti si sa gibela sobabili si landela uAhabi uyise, uJehova wa m etwesa lolu daba: **26** Impela, ngi bone igazi li ka Naboti izolo, negazi lamadodana ake, u sho uJehova; ngi ya kukupindisela ku lesi siqepu, u sho uJehova. Kalokuke m tate u m ntshinge ku lesi siqepu, njengezwi li ka Jehova.

27 Kepa wa t'ukubona loku uAhaziya inkosi ya kwa Juda, wa baleka ngendhlela yendhlu yensimu. UJehu wa m landela, wa ti, M shayeni naye enqolaneni: ba m shayake nga semmangweni o ya eGuri, o nga seIbleyam. Wa balekela eMegido, wa fela kona. **28** Izinceku zake za m kwelisa enqolaneni za m yisa eJerusalem, za m mbela etuneni lake na okoko bake emzini ka Davida.

29 Ngomnyaka weshumi nanye ka Joram ka Ahabi, uAhaziya wa qala ukubusa kwa Juda.

30 Ekufikeni ku ka Jehu eJezereli, uJezebele w'ezwa ngako; wa zigqaba amehlo, wa hlobisa ikanda lake, wa lunguza ngesibuko. **31** Kwa ti e ngena uJehu esangweni, wa ti, Ngukutula na, wena Zimri, umbulali wenkosi yako? **32** Yena wa pakamisela amehlo esibukweni, wa ti, Ubani o nga kimi na, ubani? Kwa lunguzake abatenwa ababili mhlaumbe abatatu. **33** Wa ti, M ponseni pansi. Ba se be m ponsa pansi; igazi lake la capazekela odongeni, na semahashini: wa m nyatela pansi. **34** E se ngenile wa dhla, wa puza; wa ti, A ke ni ye ni bheke lo mqalekiswakazi, ni m mbele; ngoba u indodakazi yenkosi. **35** Ba se be ya kummbela; kodwa a ba fumananga luto lwake, kupela inhloko, nezinyawo, nezintende zezandhla. **36** Ngakoke ba buya ba m tshela. Wa ti, Yilelike izwi li ka Jehova, alikulumayo ngenceku yake uElija wa seTishbi, e ti, Esabelweni sa seJezereli izinja zi ya kudhla inyama ka Jezebele. **37** isidumbu si ka Jezebele si ya kuba njengomquba ebusweni bomhlabati esabelweni sa seJezereli, ku ze ku nga be ku sa shiwo ukuti, Lo nguJezebele.

10 UAhabi wa e namadodana a ngamashumi a isikombisa eSamariya. UJehu wa loba izincwadi, wa zi tumela eSamariya ku babusi ba seJezereli, ku malunga, na kubo ab'ondhla amadodana ka Ahabi, e ti, **2** Kalokuke yanele ukufika kini le ncwadi, loku amadodana enkosi yenu a kini, ku kona nezinqolana zempi namahashi, kanye nomuzi obiyelweyo, nezikali; **3** ziboneleni elungileyo nefaneleyo ku madodana enkosi yenu, ni yi beke esihlalweni sobukosi si ka yise, ni lwele indhlu yenkosi yenu. **4** Kepa b'esaba kakulu impela, ba ti, Bhekani, amakosi amabili a k'emanga pambi kwake: poke, tina si ng'ema kanjani na? **5** Yena owa e pete abendhlu, n'owa e pete umuzi, kanye namalunga, nabondhli babantwana, ba tumela ku Jehu be ti, Tina si izikonzi zako, konke o za kukusho kitina si ya kukwenza; a si yi kubeka muntu a be inkosi: yenza wena oku te ntse emehlweni ako. **6** Wa s'e ba lobela incwadi ngokwesibili, e ti, Uma ni nga kimi nina, uma ni za kulalela izwi lami, tatani amakanda a laba bantu amadodana enkosi yenu, ni ze kimi eJezereli ngomso nga lesi sikati. Amadodana enkosi e ngabantu aba ngamashumi a isikombisa, a e kanye nabakulu bomuzi abawondhlayo. **7** Kwa ti ekufikeni kwencwadi kubo, ba tata amadodana enkosi, ba wa bulala, e ngabantu aba ngamashumi a isikombisa, ba beka amakanda awo konyazi, ba wa tumela kuye eJezereli. **8** Kwa fika isigijimi kuye, sa m tshela sa ti, Se be wa letile amakanda amadodana enkosi. Wa ti, Wa bekeni a be izinqwaba ezimbili entubeni yesango ku ze ku se. **9** Kwa ti kusasa wa puma, w'ema, wa ti kubo bonke abantu, Nina ni lungile: bhekani,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku bulawa abafo wabo ka Ahaziya. Ku qedwa abaprofeti ba ka Bale.

mina ng'enzele inkosi yami uzungu, nga yi bulala; kepa ubani o gence bonke laba na? **10** Yazinike ukuti a ku yi kuwa pansi luto lwezwi li ka Jehova, alikulumayo uJehova ngayo indhlu ka Ahabi, ngokuba uJehova u kwenzile loko akukulumayo ngenceku yake uElija. **11** UJehu wa bulalake bonke abaseleyo bendhlu ka Ahabi eJezereli, nabakulu bake bonke, nabangane bake, nabapristi bake, wa ze wa nga m shiyela nowokulandula.

12 Wa s'e suka, wa hamba, wa ya eSamariya. Kwa ti e sendhlini yokugunda yabalusi endhleleni, **13** uJehu wa fumanisana kona nabafo wabo ka Ahaziya inkosi ya kwa Juda, wa ti, Ni ngobani nina? Ba ti, Si ngabafo wabo ka Ahaziya tina: si y'ehla si ya kobingelela abantwana benkosi nabantwana benkosikazi. **14** Wa ti, Ba bambeni bezwa. Ba se be ba bamba bezwa, ba ba bulala nga semgodini wendhlu yokugunda, abantu aba ngamashumi amane nambili; a ka shiyanga muntu kubo.

15 Kwa ti e se sukile lapo, wa fumanisana noJehonadabe ka Rekabi eza ukumhlangabeza; wa m bingelela, wa ti kuye, Inhliziyo yako i lungelene nenhliziyo yami, njengenhliziyo yami i lungelene nenhliziyo yako na? UJehonadabe wa ti, I njalo. Wa ti, Uma i njalo, ngi nike isandhla sako. Wa m nikake isandhla sake; wa m kwelisa enqolaneni yake. **16** Wa ti, Hamba nami, u bone ukushisekelela kwami uJehova. Ba m kwelisa enqolaneni yake. **17** Kwa ti e se fikile eSamariya wa bulala bonke abaseleyo ba ka Ahabi eSamariya, wa za wa ba shabalalisa, njengezwi li ka Jehova a li kuluma ku Elija.

18 UJehu wa qoqa abantu bonke, wa ti kubo, UAhabi wa konza uBale kancane; uJehu u ya kumkonza kakulu. **19** Kalokuke ngi bizeleni bonke abaprofeti ba ka Bale, nabo bonke abamkonzayo, nabapristi bonke bake; a nga biko o ngeko: ngoba ngi nomhlatshelo omkulu ku Bale; wonke o ngeko, a ka yi kupila. Kodwa uJehu w'enza ngobuqili, ukuze a bubise aba konza uBale. **20** UJehu wa ti, Memani umhlangano ozotileyo ongcwele ku Bale. Ba wu memezelake. **21** UJehu wa tumela kuye wonke uIsraeli: bonke aba konza uBale ba fika, a ku bangako noyedwa osalayo o ng'ezanga. Ba ngena endhlini ka Bale; indhlu ka Bale ya gcwala ya ti swi. **22** Wa ti ku mpati wendhlu yezingubo, Ba kipele izingubo bonke aba konza uBale. Wa ba kipelake izingubo. **23** Ba ngena endhlini ka Bale oJehu noJehonadabe ka Rekabi; wa ti kwaba konza uBale, Cingani ni bone ukuba ku nga biko lapa kanye nani aba konza uJehova, ku be aba konza uBale kupela. **24** Ba ngena ukuba ba nikele imihlatshelo, neminikelo eshiswayo. UJehu wa e zimisele ngapandhle abantu aba ngamashumi a isishiyangalombili, wa ti, Uma ku sinda umuntu ku bantu engi ba lete ezandhleni zenu, ikanda lomdedeleyo lo ba sesikundhleni sela lowo osindileyo.

25 Kwa t'uba a qede ukunikela umnikelo oshiswayo, uJehu wa ti ku balindi na kuzo izinduna, Ngenani ni ba bulale; ku nga pumi muntu. Ba ba gencake ngobukali benkemba; abalindi nezinduna ba ba ntshinga pandhle, ba ya emzini wendhlu ka Bale. **26** Ba kipa izinsika eza zi sendhlini ka Bale, ba zi shisa. **27** Ba bidhliza insika ka Bale, ba bidhliza nendhlu ka Bale, ba y'enza ya ba indhlu yendhle ku ze ku be namhlanje. **28** UJehu wa m shabalalisake uBale kwa Israeli.

29 Kanti noko izono zi ka Jeroboam ka Nebati onisa ngazo uIsraeli, uJehu ka sukanga ekuzilandeleni, ukuti izinkonyana zegolide eza zi seBeteli, na seDan. **30** Wa ti uJehova ku Jehu, Ngokuba wenze kahle ukufeza oku te ntse emehlweni ami, wenzile kuyo indhlu ka Ahabi njengako konke okwa ku senhliziyweni yami, amadodana ako esizukulwane sesine a ya kuhlala esihlalweni sobukosi sa kwa Israeli. **31** Kepa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UAtaliya u bamba ubukosi. U citwa uJehoyada. U bulawa.

uJehu ka qapelanga ukuhamba emtetweni ka Jehova uNkulunkulu ka Israeli ngenhliziyo yonke yake: ka sukanga ezonweni zi ka Jeroboam onisa ngazo uIsraeli.

32 Ngá lezo zinsuku uJehova wa qala ukunqinda ela kwa uIsraeli: uHazayeli wa ba cita emikaulweni yonke ya kwa Israeli; **33** ku suka eJordan ku ya nga sempumalanga, lonke izwe la kwa Giliyadi, amaGadi, namaRuben, namaManase, ku suka eAroḥere eli nga sesihlanjeni sa se-Arnon, iGiliyadi neBashan. **34** Ezinye izindaba zi ka Jehu, nako konke akwenzayo, nobuqwaga bonke bake, angiti ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Israeli? **35** UJehu wa lala na okoko bake; ba m mbela eSamariya. UJehowahazi indodana yake wa busa esikundhleni sake. **36** Isikati uJehu asibusayo kwa Israeli eSamariya sa ba iminyaka e ngamashumi amabili nesishiyangalombili.

11 Kwa t'uba uAtaliya unina ka Ahaziya a bone ukuti indodana yake i si file, wa suka wa bubisa yonke inzalo yobukosi. **2** Kepa uJehosheba, indodakazi yenkosi uJoram, udade wabo ka Ahaziya,wa tata uJowashe ka Ahaziya, wa m eba pakati kwamadodana enkosi a be bulawa, yena nomzanyana wake, wa ba beka ekamelweni lokulala; ba m sitelisa ku Ataliya ukuze a nga bulawa; **3** wa e kona kuye e tukusiwe endhlini ka Jehova iminyaka e isitupa. UAtaliya wa busa izwe.

4 Ngomnyaka wesikombisa uJehoyada wa tuma wa landa izinduna zamakulu zamaKariti nezabalindi, wa zi ngenisa kuye endhlini ka Jehova; w'enza isivumelwano nazo, wa zi fungisa endhlini ka Jehova, wa zi bonisa indodana yenkosi. **5** Wa zi yala, e ti, Nansi into eni za kuyenza: abesitatu kini abangenayo ngesabata, ba za kuba aba londa isilondolozelo sendhlu yenkosi; **6** abesitatu ba ya kuba sesangweni iSuri, nabesitatu esangweni ngasemva kwabalindi; ni ya kulondake isilondolozelo sendhlu, ni be utango. **7** Izigaba zenu ezibili, bonke abapumayo ngesabata, ba ya kulonda isilondolozelo sendhlu ka Jehova nga senkosini. **8** Ni ya kuyihaqa inkosi inxa zonke, ilowo e pete izikali zake ngesandhla; o ngena pakati kwezinhla, ma ka bulawe; ma ni be kuyo inkosi ekupumeni kwayo na sekungeneni kwayo.

9 Izinduna zamakulu z'enza njengako konke akuyalayo uJehoyada umpristi; za tata kwaba ileyo abantu bayo aba zo ngena ngesabata, kanye naba zo puma ngesabata, za fika ku Jehoyada umpristi. **10** Umpristi wa nika izinduna zamakulu imikonto nezihlangu eza zi ngezi ka Davida inkosi eza zi sendhlini ka Jehova. **11** Abalindi b'ema, ilowo e pete izikali zake ngesandhla, ku suka ohlangotini lwesokunene lwendhlu kwa ze kwa ba sohlangotini lwesokohlo lwendhlu, nga kulo ilati nendhlu, nga kuyo inkosi inxa zonke. **12** Wa s'e kipa indodana yenkosi, wa yi faka umqele wa yi nika isifakazo; ba yi beka inkosi, ba yi gcoba; ba shaya ihlombe be ti, Inkosi ma i me njalo.

13 Lapo uAtaliya ezwa umsindo wabalindi nabantu, wa fika ku bantu endhlini ka Jehova: **14** wa buka, nansoke, inkosi i mi nga sensikeni, njengesiko, izinduna nabamacilongo be nga kuyo inkosi; abantu bonke bezwe ba tokoza, ba shaya amacilongo. UAtaliya wa s'e hxebula izingubo zake, wa memeza e ti, Uzungu, uzungu. **15** UJehoyada umpristi wa yala izinduna zamakulu eza zi bekwe ukuba zi pate impi, wa ti kuzo, M kipeni emkatini wezinhla; omlandelayo m bulaleni ngenkemba. Ngoba umpristi wa ti, A ka nga bulawa endhlini ka Jehova. **16** Ba m dedelake inxa zombili; wa hamba ngendhlela amahashi a ngena ngayo e ya endhlini yenkosi: wa bulawa lapo.

17 UJehoyada w'enza isivumelwano pakati ku ka Jehova nenkosi nabantu, ukuba ba be ngabantu ba ka Jehova; na pakati kwenkosi nabantu. **18** Bonke abantu bezwe ba

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ya endhlini ka Bale, ba yi bidhliza; amalati ake nezitombe zake ba zi pahlaza kwa ba ubucobololo, ba bulala uMatan umpristi ka Bale pambi kwamalati. Umpristi wa misela indhlu ka Jehova abapati. **19** Wa tata izinduna zamakulu, namaKariti nabalindi, nabantu bonke bezwe; b'ehlisa inkosi endhlini ka Jehova, ba fika ngendhlela yesango labalindi endhlini yenkosi. Ya hlalake esihlalweni samakosi. **20** Bonke abantu bezwe ba tokoza, umuzi wa ba nokuzola. Ba be m bulele uAtaliya ngenkemba nga sendhlini yenkosi.

21 UJehowashe wa e neminyaka e isikombisa ekuqaleni kwake ukubu-

12 sa. **1** Ngomnyaka wesikombisa ka Jehu uJehowashe wa qala ukubusa; wa busa eJerusalem iminyaka e ngamashumi amane: igama li ka nina la li nguZibiya wa seBeresheba. **2** UJehowashe w'enza oku te ntse emehlweni ka Jehova izinsuku zonke zake a m fundisa kona uJehoyada umpristi. **3** Noko izindawo ezipakemeyo a zi suswanga; abantu ba be sa hlabela be tunqisa impepo ezindaweni ezipakemeyo.

4 UJehowashe wa ti ku bapristi, Imali yonke yezinto ezingcwelisiweyo ezi letwa endhlini ka Jehova, imali eyamkelekayo, imali yabo bonke njengokulinganiswa kwabo, nayo yonke imali oku fika enhliziyweni yomuntu ukuyileta endhlini ka Jehova, **5** abapristi ma ba y'amkele, ku be ilowo kowazana naye; ma ba lungise izindawo ezidilikileyo zendhlu napi lapa zi funyanwa kona. **6** Kepake kwa ti ngomnyaka wamashumi amabili nantatu wenkosi uJehowashe abapristi ba be nga ka zi lungisi izindawo ezidilikileyo zendhlu. **7** Inkosi uJehowashe ya se i biza uJehoyada umpristi, nabapristi abanye, ya ti kubo, A ni zi lungisi ngani izindawo ezidilikileyo zendhlu? ngakoke ni nga be ni sa tata mali kwabazana nani, a no yi nikezela izindawo ezidilikileyo zendhlu. **8** Abapristi ba vuma ukuba ba nga be be sa tata imali ku bantu, ba nga be be sa zi lungisa izindawo ezidilikileyo zendhlu.

9 Kodwa uJehoyada umpristi wa tata umpongolo, wa bobosa imbobo esisibekelweni sawo, wa wu beka eceleni kwelati, nga kwesokunene nxa umuntu e ngena endhlini ka Jehova: abapristi aba linda umnyango ba faka kuwo imali yonke eya letwa endhlini ka Jehova. **10** Kwa ti se be bonile ukuba i si ningi imali empongolweni, umbhali wenkosi nompristi omkulu b'enyuka, ba yi faka ezikwameni, ba yi bala imali e funyaniswe endhlini ka Jehova. **11** Ba beka imali eyalinganiswayo ezandhleni zab'enza umsebenzi, aba pata indhlu ka Jehova: ba yi kipela ababazi nabaki, abasebenzayo endhlini ka Jehova, **12** nab'aka ngamatshe nababazi bamatshe, nokutenga imiti namatshe abaziweyo okulungisa izindawo ezidilikileyo zendhlu ka Jehova, nako konke okwa kishelwa indhlu ukuyilungisa. **13** Kodwa a yenzelwanga indhlu ka Jehova izindebe zesiliva, nezizenze, nemikele, namacilongo, nempahla yegolide nempahla yesiliva, ngemali eya letwa endhlini ka Jehova; **14** ngoba yona ba yi nika abasebenzayo, ba lungisa ngayo indhlu ka Jehova. **15** Futi, ka ba balelananga nabantu imali aba yi beka ezandhleni zabo, ukuholela aba sebenza umsebenzi: ngokuba b'enza ngokwetembeka. **16** Imali yomnikelo wecala, nemali yomnikelo wokwona, a i letwanga endhlini ka Jehova: ya ba ngeyabapristi.

17 UHazayeli inkosi ya seSiriya w'enyuka wa lwa neGati, wa li dhla; uHazayeli wa bhekisa ubuso bake ukwenyukela eJerusalem. **18** UJehowashe inkosi ya kwa Juda wa tata zonke izinto ezingcwelisiweyo eza ngcweliswa uJehoshafati noJehoram noAhaziya oyise, amakosi a kwa Juda, nezinto zake ezingcwelisiweyo, negolide lonke ela funyanyiswa engcebweni yendhlu ka Jehova, nendhlu yenkosi, wa ku tumela ku Hazayeli inkosi ya seSiriya: w'emukake eJerusalem.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UJehowahazi noJehowashe kwa Israeli. Amazwi okugcina ka Elisha.

19 Ezinye izindaba zi ka Jowashe, nako konke akwenzayo, angiti ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Juda? 20 Izinceku zake za suka z'enza uzungu, za m bulala uJowashe endhlini ka Milo, nxa kwehliwa ukuya eSila. 21 Ngokuba uJozakare ka Shimehati, noJehozabadi ka Shomere, izinceku zake, za m genca, wa fa; ba m mbela na okoko bake emzini ka Davida: uAmaziya indodana yake wa busa esikundhleni sake.

13 Ngomnyaka wamashumi amabili nantatu ka Jowashe ka Ahaziya inkosi ya kwa Juda, uJehowahazi ka Jehu wa qala ukubusa kwa Israeli eSamariya, wa busa iminyaka e ishumi nesikombisa. 2 W'enza okubi emehlweni ka Jehova, wa landela izono zi ka Jeroboam ka Nebati onisa ngazo uIsraeli; a ka sukanga kuzo. 3 Ulaka lu ka Jehova lwa vuta ngo-Israeli, wa ba kapela esandhleni si ka Hazayeli inkosi ya seSiriya, na sesandhleni si ka Ben-hadadi ka Hazayeli, njalonjalo. 4 UJehowahazi wa shweleza ku Jehova, uJehova wa mu zwa; ngokuba wa bona ukubandezelwa ku ka Israeli, ukubandezelwa kwabo inkosi ya seSiriya. 5 (UJehova wa nika uIsraeli umsindisi, ba puma pansi kwesandhla samaSiriya; aba kwa Israeli ba hlala ematenteni abo njenga pambili. 6 Noko ka ba sukanga ezonweni zendhlu ka Jeroboam onisa ngazo uIsraeli, ba hamba kuzo: wa e s'emi uAshera eSamariya.) 7 Ngokuba a ka shiyanga abantu ku Jehowahazi, kupela aba ngamashumi a isihlanu abakwel'amahashi nezinqolana zempi ezi ishumi, naba hamba pansi aba izinkulungwane ezi ishumi; ngokuba inkosi ya seSiriya ya ba bubisa, ya b'enza ba be njengotuli ekubhuleni. 8 Ezinye izindaba zi ka Jehowahazi,nako konke akwenzayo, nobuqwaga bake, angiti ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Israeli? 9 UJehowahazi wa lala na okoko bake; ba m mbela eSamariya: uJowashe indodana yake wa busa esikundhleni sake.

10 Ngomnyaka wamashumi amatatu nesikombisa ka Jowashe inkosi ya kwa Juda, uJehowashe ka Jehowahazi wa qala ukubusa kwa Israeli eSamariya, wa busa iminyaka e ishumi nesitupa. 11 W'enza okubi emehlweni ka Jehova; ka sukanga ezonweni zonke zi ka Jeroboam ka Nebati onisa ngazo uIsraeli; wa hamba kuzo. 12 Ezinye izindaba zi ka Jowashe, nako konke akwenzayo, nobuqwaga bake a lwa ngabo no-Amaziya inkosi ya kwa Juda, angiti ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Israeli? 13 UJowashe wa lala na okoko bake; uJeroboam wa hlala esihlalweni sake sobukosi: uJowashe w'embelwa eSamariya kanye namakosi a kwa Israeli.

14 UElisha wa e se hlabeke isifo sake a fa ngaso: uJowashe inkosi ya kwa Israeli w'ehlela kuye, wa m kalela, e ti, Wo baba, baba, izinqolana zempi za kwa Israeli nabakwel'amahashi babo! 15 Wa ti uElisha kuye, Tata umnsalo nemicibisholo; wa wu tatake umnsalo nemicibisholo. 16 Wa s'e ti enkosini ya kwa Israeli, Qela umnsalo: ya wu qelake umnsalo. UElisha wa beka izandhla zake pezu kwezandhla zenkosi. 17 Wa ti, Vula isibuko nga sempumalanga: ya si vulake. Wa ti uElisha, Cibishela; ya cibishela. Wa ti, Umcibisholo ka Jehova wokunqoba, yebo, umcibisholo wokunqoba iSiriya; ngokuba u ya kuwashaya amaSiriya eEfeki u ze u wa qede. 18 Wa ti, Tata imicibisholo; ya yi tatake. Wa ti enkosini ya kwa Israeli, Shaya pansi; ya shayake katatu, ya yeka. 19 Umuntu ka Nkulunkulu wa yi tukutelela, wa ti, Nga u shaye kahlanu, noma kasitupa: konake u bu za kushaya iSiriya u ze u li qede; kodwa kaloku u za kulishaya iSiriya katatu kupela.

20 Wa fa uElisha, ba m mbela. Amaviyo a kwa Moabe a ngenela izwe ekutwaseni kwomnyaka. 21 Kwa ti be sa mbela umuntu, ba bona, nanti iviyo labantu; ba ponsa umuntu etuneni li ka Elisha: lo muntu wa-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UAmaziya e busa kwa Juda wahlulwa uJehowashe wa kwa Israeli.

nela ukutinta amatambo ka Elisha, wa vuka, w'ema ngezinyawo.

22 UHazayeli inkosi ya seSiriya wa bandezela uIsraeli izinsuku zonke zi ka Jehowahazi. 23 Kepa uJehova wa ba nomusa ku bona, wa ba nesihe kubo, wa ba bheka, ngenxa yesivumelwano sake noAbraham, noIsaka, noJakobe, a ka vumanga ukubacita, futi a ka ba lahlanga ebusweni bake nga leso sikati. 24 UHazayeli inkosi ya seSiriya wa fa; uBen-hadadi indodana yake wa busa esikundhleni sake. 25 UJehowashe ka Jehowahazi wa buya wa dhla imizi e yi susa esandhleni si ka Ben-hadadi ka Hazayeli a be yi dhlile yena wa yi susa esandhleni si ka Jehowahazi uyise ngokulwa. UJowashe wa m shaya katatu, wa yi buyisa imizi ya kwa Israeli.

14 Ngomnyaka wesibili ka Jowashe ka Jowahazi inkosi ya kwa Israeli, uAmaziya ka Jowashe inkosi ya kwa Juda wa qala ukubusa. 2 Wa e neminyaka e ngamashumi amabili nesihlanu ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa iminyaka e ngamashumi amabili nesishiyangalolunye eJerusalem: igama li ka nina la li nguJehowadin wa seJerusalem. 3 W'enza oku te ntse emehlweni ka Jehova, ku nge njengoku ka Davida uyise kodwa: w'enza njengako konke akwenzayo uyise uJowashe. 4 Noko izindawo ezipakemeyo a zi suswanga: abantu ba be sa hlabela be tunqisa impepo ezindaweni ezipakemeyo. 5 Kwa ti, wanela ukuqiniswa nje umbuso esandhleni sake, wa bulala izinceku zake eza zi bulele inkosi uyise: 6 kodwa abantwana bababulali a ka ba bulalanga; njengokulotshiweyo encwadini yomteto ka Moses, njenjaloku uJehova a yala ngako, e ti, Oyise ka ba yi kubulawa ngenxa yabantwana, nabantwana ka ba yi kubulawa ngenxa ya oyise; ilowo u ya kufa ngesake isono. 7 Wa bulala eMhosheni ka Saoti amaEdom a izinkulungwane ezi ishumi, wa li dhla iSela ngokulwa, wa biza igama lalo ngokuti iJoketele ku ze ku be namhla.

8 UAmaziya wa tumela izigijimi ku Jehowashe ka Jehowahazi ka Jehu, inkosi ya kwa Israeli, e ti, Woza si bukane ubuso nobuso. 9 UJehowashe inkosi ya kwa Israeli wa tumela ku Amaziya inkosi ya kwa Juda, wa ti, Ikakasi ela li seLebanon la tumela kuwo umsedare owa u seLebanon li ti, Nika indodana yami indodakazi yako i be umkayo: kwa dhlula isilo sa sendhle esa si seLebanon, sa nyatela ikakasi. 10 U li citile nempela ela kwa Edom, ngakoke inhliziyo yako i ku pakamisile: yiba nodumo ngako, u hlale ekaya; ngoba pela u zilebelani, ukuba u we wena, noJuda kanye nawe?

11 Kodwa uAmaziya a ka lalelanga. W'enyukake uJehowashe inkosi ya kwa Israeli; yena noAmaziya inkosi ya kwa Juda ba bukana ubuso nobuso eBete-shemeshe, eli ngela kwa Juda. 12 UJuda wa zangeka pambi ku ka Israeli; ba baleka ilowo wa ya etenteni lake. 13 UJehowashe inkosi ya kwa Israeli wa bamba uAmaziya inkosi ya kwa Juda, indodana ka Jehowashe ka Ahaziya, eBete-shemeshe, wa fika eJerusalem, wa diliza ugange lweJerusalem ku suka esangweni la kwa Efrayim kwa ze kwa ba sesangweni lengosi, izingalo ezi ngamakulu amane. 14 Wa tata igolide nesiliva lonke, nezimpahla zonke eza funyaniswa endhlini ka Jehova, na sengcebweni yendhlu yenkosi, naba izibambiso, wa buyela eSamariya.

15 Ezinye izindaba zi ka Jehowashe azenzayo, nobuqwaga bake, nokulwa kwake noAmaziya inkosi ya kwa Juda, angiti ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Israeli? 16 UJehowashe wa lala na okoko bake, w'embelwa eSamariya kanye namakosi a kwa Israeli; uJeroboam indodana yake wa busa esikundhleni sake.

17 UAmaziya ka Jowashe inkosi ya kwa Juda wa hlala iminyaka e ishumi nesihlanu ngasemva kwokufa ku ka Jehowashe ka Jehowahazi inkosi ya kwa Israeli. 18 Ezinye izindaba zi ka Amaziya, angiti zi lo-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UJeroboam II. UAzariya kwa Juda. UZekariya noShalum.

tshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Juda? **19** Ba m enzela uzungu eJerusalem; wa s'e balekela eLakishe: ba tumela ukumlanda eLakishe, ba m bulalela kona. **20** Ba m twala ngamahashi; w'embelwa eJerusalem kanye na okoko bake emzini ka Davida. **21** Abantu bonke ba kwa Juda ba tata uAzariya, owa e neminyaka e ishumi nesitupa, ba m beka inkosi esikundhleni si ka yise uAmaziya. **22** Yena w'aka iElati, wa li buyisela ku Juda, emva kwokuba inkosi i si lele na okoko bayo.

23 Ngomnyaka weshumi nesihlanu ka Amaziya ka Jowashe inkosi ya kwa Juda, uJeroboam ka Jowashe inkosi ya kwa Israeli wa qala ukubusa eSamariya, wa busa iminyaka e ngamashumi amane nanye. **24** W'enza okubi emehlweni ka Jehova: ka sukanga ezonweni zonke zi ka Jeroboam ka Nebati onisa ngazo uIsraeli. **25** Wa buyisela umkaulo wa kwa Israeli ku suka ekungeneni kweHamati ku ze ku be selwandhle lwa seAraba, njengezwi li ka Jehova, uNkulunkulu ka Israeli, alikulumayo ngenceku yake uJona ka Amitayi, umprofeti owa e ngowa seGati-heferi. **26** Ngokuba uJehova wa bona ukuhlupeka ku ka Israeli, ukuba ku ya baba kakulu; ngoba kwa ku ngeko ovalelweyo kwa ku ngeko noyekiweyo, kwa ku ngeko omsizayo uIsraeli. **27** UJehova ka shongo ukuti u za kulihlikihla li pele igama li ka Israeli ngapansi kwezulu; kodwa wa ba sindisa ngesandhla si ka Jeroboam ka Jowashe.

28 Ezinye izindaba zi ka Jeroboam, nako konke akwenzayo, nobuqwaga bake, nokulwa kwake, nokubuyisela kwake ku Israeli iDamaseku neHamati ela li ela kwa Juda, angiti ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Israeli? **29** UJeroboam wa lala na okoko bake, kanye namakosi a kwa Israeli; uZekariya indodana yake wa busa esikundhleni sake.

15 Ngomnyaka wamashumi amabili nesikombisa ka Jeroboam inkosi ya kwa Israeli, uAzariya ka Amaziya inkosi ya kwa Juda wa qala ukubusa. **2** Wa e neminyaka e ishumi nesitupa ekuqaleni kwake ukubusa, wa busa iminyaka e ngamashumi a isihlanu nambili eJerusalem: igama li ka nina la li nguJekoliya wa seJerusalem. **3** W'enza oku te ntse emehlweni ka Jehova, njengako konke akwenzayo uyise uAmaziya. **4** Noko izindawo ezipakemeyo a zi suswanga: abantu ba be sa hlabela be tunqisa impepo ezindaweni ezipakemeyo. **5** UJehova wa shaya inkosi, ya ba nocoko kwa ze kwa ba sosukwini lokufa kwayo, ya hlala endhlini ehlukanisiweyo. UJotam indodana yenkosi wa e pete abendhlu, ahlulela abantu bezwe. **6** Ezinye izindaba zi ka Azariya, nako konke akwenzayo, angiti ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Juda? **7** UAzariya wa lala na okoko bake; ba m mbela kanye na okoko bake emzini ka Davida: uJotam indodana yake wa busa esikundhleni sake.

8 Ngomnyaka wamashumi amatatu nesishiyangalombili ka Azariya inkosi ya kwa Juda, uZekariya ka Jeroboam wa busa kwa Israeli eSamariya izinyanga ezi isitupa. **9** W'enza okubi emehlweni ka Jehova, njengabakwenzayo okoko bake: a ka sukanga ezonweni zi ka Jeroboam ka Nebati onisa ngazo uIsraeli. **10** UShalum ka Jabeshe wa m enzela uzungu, wa m genca pambi kwabantu, wa m bulala, wa busa esikundhleni sake. **11** Ezinye izindaba zi ka Zekariya, bheka, zi lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Israeli. **12** Yileli izwi li ka Jehova a li kuluma ku Jehu ngokuti, Amadodana ako a ya kuhlala esihlalweni sobukosi sa kwa Israeli ku ze ku be sesizukulwaneni sesine. Kwa ba njaloke.

13 UShalum indodana ka Jabeshe wa qala ukubusa ngomnyaka wamashumi amatatu nesishiyangalolunye ka Uziya inkosi ya kwa Juda; wa busa inyanga epeleleyo eSamariya.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UMenahem, noPekahiya noPeka kwa Israeli. UJotam kwa Juda.

14 UMenahem ka Gadi w'enyuka eTirza, wa fika eSamariya, wa genca uShalum ka Jabeshe eSamariya, wa m bulala, wa busa esikundhleni sake. **15** Ezinye izindaba zi ka Shalum, nozungu lwake alwenzayo, bheka, ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Israeli. **16** UMenahem wa s'e cita iTifsa, nabo bonke aba be kulo, nemikaulo yalo, ku suka eTirza: ngokuba be nga m vulelanga, ngakoke wa li cita; abesifazana abakulelweyo bonke aba be kona wa ba qaqa.

17 Ngomnyaka wamashumi amatatu nesishiyangalolunye ka Azariya inkosi ya kwa Juda, uMenahem ka Gadi wa qala ukubusa kwa Israeli, wa busa iminyaka e ishumi eSamariya. **18** W'enza okubi emehlweni ka Jehova: ngezinsuku zonke zake a ka sukanga ezonweni zi ka Jeroboam ka Nebati onisa ngazo uIsraeli. **19** Kwa fika e hlasela izwe uPuli inkosi ya seAsiriya: uMenahem wa nika uPuli amatalenta esiliva a inkulungwane, ukuba isandhla sake si be naye ukuqinisa umbuso esandhleni sake. **20** UMenahem wa kipisa uIsraeli imali, abanumzana bonke abacebileyo, amashekeli esiliva a ngamashumi a isihlanu umuntu ngamunye, ukuba a yi nike inkosi ya seAsiriya. Ya buyake inkosi ya seAsiriya, a i hlalanga kona ezweni. **21** Ezinye izindaba zi ka Menahem, nako konke akwenzayo, angiti ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Israeli? **22** UMenahem wa lala na okoko bake; uPekahiya indodana yake wa busa esikundhleni sake.

23 Ngomnyaka wamashumi a isihlanu ka Azariya inkosi ya kwa Juda, uPekahiya ka Menahem wa qala ukubusa kwa Israeli eSamariya, wa busa iminyaka emibili. **24** W'enza okubi emehlweni ka Jehova: ka sukanga ezonweni zi ka Jeroboam ka Nebati onisa ngazo uIsraeli. **25** UPeka ka Remaliya, induna yake, wa m enzela uzungu, wa m genca eSamariya, enqabeni yendhlu yenkosi, kanye noArgobe noAriye; amadoda a ngamashumi a isihlanu aba kwa Giliyadi a be naye: wa m bulala, wa busa esikundhleni sake. **26** Ezinye izindaba zi ka Pekahiya, nako konke akwenzayo, bheka, ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Israeli.

27 Ngomnyaka wamashumi a isihlanu nambili ka Azariya inkosi ya kwa Juda, uPeka ka Remaliya wa qala ukubusa kwa Israeli eSamariya, wa busa iminyaka e ngamashumi amabili. **28** W'enza okubi emehlweni ka Jehova: a ka sukanga ezonweni zi ka Jeroboam ka Nebati onisa ngazo uIsraeli.

29 Ngezinsuku zi ka Peka inkosi ya kwa Israeli kwa fika uTigelatipilesere inkosi ya seAsiriya, wa tata iIjon, neAbeli-bete-mahaka, neJanowa, neKedeshe, neHazore, nela kwa Giliyadi, neGalile, izwe lonke la kwa Nafetali; wa ba tumbela eAsiriya. **30** UHosheya ka Ela w'enzela uzungu uPeka ka Remaliya, wa m genca, wa m bulala, wa busa esikundhleni sake, ngomnyaka wamashumi amabili ka Jotam ka Uziya. **31** Ezinye izindaba zi ka Peka, nako konke akwenzayo, bheka, ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Israeli.

32 Ngomnyaka wesibili ka Peka ka Remaliya inkosi ya kwa Israeli, uJotam ka Uziya inkosi ya kwa Juda wa qala ukubusa. **33** Wa e neminyaka e ngamashumi amabili nesihlanu ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa iminyaka e ishumi nesitupa eJerusalem: igama li ka nina la li nguJerusha ka Zadoki. **34** W'enza oku te ntse emehlweni ka Jehova; w'enza njengako konke akwenzayo uyise uUziya. **35** Noko izindawo ezipakemeyo a zi suswanga: abantu ba be sa hlabela be tunqisa impepo ezindaweni ezipakemeyo. W'aka isango eli nga senhla endhlini ka Jehova. **36** Ezinye izindaba zi ka Jotam, nako konke akwenzayo, angiti ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Juda?

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UAhazi wa kwa Juda u lwa neSiriya noIsraeli. Ilati lake.

37 Nga lezo zinsuku uJehova wa qala ukutuma ukuhlasela kwa Juda uRezin inkosi ya seSiriya, noPeka ka Remaliya. 38 UJotam wa lala na okoko bake, w'embelwa kanye na okoko bake emzini ka Davida uyise: uAhazi indodana yake wa busa esikundhleni sake.

16 Ngomnyaka weshumi nesikombisa ka Peka ka Remaliya uAhazi ka Jotam inkosi ya kwa Juda wa qala ukubusa. 2 UAhazi wa e neminyaka e ngamashumi amabili ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa iminyaka e ishumi nesitupa eJerusalem: a k'enzanga oku te ntse emehlweni ka Jehova uNkulunkulu wake, njengoDavida uyise. 3 Wa hamba ngendhlela yamakosi a kwa Israeli, yebo, wa dabulisa indodana yake emlilweni, njengamacilo ezizwe, uJehova azixoshayo pambi kwaba kwa Israeli. 4 Wa hlabela wa tunqisa impepo ezindaweni ezipakemeyo, na semagqumeni, na ngapansi kwemiti yonke eluhlaza.

5 URezin, inkosi ya seSiriya, noPeka ka Remaliya, inkosi ya kwa Israeli, ba kupukela eJerusalem be zo kulwa: ba vimbezela uAhazi, kodwa b'ahluleka ukumnqoba. 6 Nga leso sikati uRezin, inkosi ya seSiriya, wa buyisela iElati ku maSiriya, wa xosha abaJuda eElati; amaSiriya a ya eElati, ake kona ku ze ku be namhlanje.

7 UAhazi wa tumela izigijimi ku Tiglati-pilesere inkosi ya seAsiriya, e ti, Ngi isikonzi sako nendodana yako mina: yenyuka, u ngi sindise esandhleni senkosi ya seSiriya, na sesandhleni senkosi ya kwa Israeli, abangivukelayo. 8 UAhazi wa s'e tata isiliva negolide ela funyanwa endhlini ka Jehova, na sengcebweni yendhlu yenkosi, wa li tumela enkosini ya seAsiriya la ba isipo. 9 Inkosi ya seAsiriya ya m lalela; inkosi ya seAsiriya y'enyukela i hlasela eDamaseku, ya li dhla, ya tumbela abantu balo eKiri, ya bulala uRezin.

10 Inkosi uAhazi ya ya eDamaseku ukuba i hlangabeze uTiglati-pilesere inkosi ya seAsiriya, ya bona ilati ela li seDamaseku; inkosi uAhazi ya tumela ku Urija umpristi isimo selati, nomfanekiso walo, njengokwenziwa konke kwalo. 11 Urija umpristi w'aka ilati njengako konke inkosi uAhazi e bi ku tumile i seDamaseku, wa l'enza kanjaloke uUrija enzela ukufika kwenkosi uAhazi i vela eDamaseku. 12 Kwa t'uba inkosi i fike i vela eDamaseku, inkosi ya bona ilati: inkosi ya sondela elatini, ya nikela pezu kwalo. 13 Ya tunqisa umnikelo wayo oshiswayo nomnikelo wayo wempupu, ya tulula umnikelo wayo wokupuzwa, ya fafaza elatini igazi leminikelo yayo yokutula. 14 Ilati letusi ela li pambi ku ka Jehova, wa li susa ngapambi kwendhlu, emkatini welati lake nendhlu ka Jehova, wa li sondeza nga sohlangotini lwa senyakato lwelati lake. 15 Inkosi uAhazi ya yala uUrija, umpristi, i ti, Elatini elikulu wo tunqisa umnikelo oshiswayo wa kusasa, nomnikelo wempupu wokuhlwa, nomnikelo oshiswayo wenkosi, nomnikelo wempupu wayo, kanye nomnikelo oshiswayo wabantu bonke bezwe, nomnikelo wempupu wabo, neminikelo yabo yokupuzwa; u fafaze ku lona igazi lonke lomnikelo oshiswayo, negazi lonke lomhlatshelo: ilati letusi li za kuba elami ukubuza ngalo. 16 UUrija umpristi w'enza ngengako konke inkosi uAhazi eya m yala ngako.

17 Inkosi uAhazi ya nquma izincwecwe zezincwelana, ya susa kuzo ucengezi lokugeza, y'otula ulwandhle ezinkomeni zetusi eza zi ngapansi kwalo, ya lu beka endaweni e gandaywe ngamatshe. 18 Indhlela esibekelweyo yesabata aba be y'ake endhlini, nendawo yokungena yenkosi ngapandhle, ya ku pambukisela endhlini ka Jehova, ngenxa yenkosi ya seAsiriya. 19 Ezinye izindaba zi ka Ahazi azenzayo, angiti zi lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Juda? 20 UAhazi wa lala na okoko bake, w'embelwa kanye na okoko bake emzini

Digitized by, Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ela kwa Israeli li dhliwa iAsiriya ngenxa yobubi babantu.

ka Davida: uHezekiya indodana yake wa busa esikundhleni sake.

17 Ngomnyaka weshumi nambili ka Ahazi, inkosi ya kwa Juda, uHosheya indodana ka Ela wa qala ukubusa kwa Israeli eSamariya, wa busa iminyaka e isishiyangalolunye. **2** W'enza okubi emehlweni ka Jehova, noko ku nge njengamakosi a kwa Israeli a be kona ngapambili kwake. **3** UShalemanesere inkosi ya seAsiriya w'enyukela ukuba a m hlasele; uHosheya wa ba isikonzi sake, wa tela kuye. **4** Inkosi ya seAsiriya ya fumana uzungu ku Hosheya; ngokuba wa be e tumile izigijimi ku So, inkosi ya sEgipite, e nga yisanga intela enkosini ya seAsiriya njenga seminyakeni: ngakoke inkosi ya seAsiriya ya m valela, ya m bopa endhlini yeziboshwa. **5** Inkosi ya seAsiriya ya s'enyuka ya dabula ezweni lonke, y'enyukela eSamariya, ya li vimbezela iminyaka emitatu. **6** Ngomnyaka wesishiyangalolunye ka Hosheya inkosi ya seAsiriya ya dhla iSamariya, ya tumbela abaIsraeli eAsiriya, ya ba beka eHala, na nga seHabore, umfula wa seGozan, na semizini yamaMede.

7 Kwa ba njalo ngoba aba kwa Israeli ba b'onile ku Jehova uNkulunkulu wabo, owa b'enyusa ezweni la sEgipite, e ba susa pansi kwesandhla si ka Faro inkosi ya sEgipite, b'esaba onkulunkulu abanye, **8** ba hamba ngezimiso zezizwe, uJehova azixoshayo pambi kwaba kwa Israeli, nezamakosi a kwa Israeli, azenzayo. **9** Aba kwa Israeli b'enza ngasese izinto ezi nga fanele ku Jehova uNkulunkulu wabo: ba z'akela izindawo ezipakemeyo emizini yonke yabo, ku suka emboshongweni wabalindi ku ze ku be semzini obiyelweyo; **10** ba zimisela izinsika na oAshera emagqumeni onke apakemeyo, na ngapansi kwemiti yonke eluhlaza; **11** ba tunqisa impepo lapo ezindaweni zonke ezipakemeyo, njengokwenza kwezizwe uJehova azitumbayo pambi kwabo; b'enza izinto ezimbi ukuba ba m cunule uJehova. **12** Ba konza izitombe, uJehova a be te ngazo, Ni nga y'enzi le nto. **13** Noko uJehova wa gamela ku Israeli na ku Juda ngababaprofeti bonke, na ngababoni bonke, e ti, Buyani ezindhleleni zenu ezimbi, ni gcine imiyalo yami nezimiso zami, njengawo wonke umteto enga ba yala ngawo oyihlo, nga wu tumela kini ngezinceku zami abaprofeti. **14** Nokoke, a b'ezwanga, b'enza lukuni intamo yabo, njengentamo ya oyise, aba nga kolwanga uJehova uNkulunkulu wabo. **15** Ba nqaba izimiso zake, nesivumelwano sake a s'enza na oyise, nezifakazo a zi fakaza kubo; ba landela oku yize, ba z'enza ize, ba landela izizwe ezibazungezileyo, uJehova a be ba yale ngazo ukuba ba ng'enzi njengazo. **16** Ba shiya yonke imiyalo ka Jehova uNkulunkulu wabo, ba z'enzela izitombe ezibunjiweyo, izinkonyana ezimbili, b'enza noAshera, ba kuleka na kulo ibandhla lonke lezulu, ba konza noBale. **17** Ba dabulisa amadodana abo namadodakazi abo emlilweni, ba bhula, ba twebula, ba zitengisela ukwenza okubi emehlweni ka Jehova ukuba ba m cunule. **18** Ngakoke uJehova wa m tukutelela kakulu uIsraeli, wa m susa ebusweni bake: a kwa sala luto isizwe sa kwa Juda kupela.

19 Futi uJuda ka gcinanga imiyalo ka Jehova uNkulunkulu wake, wa hamba ngezimiso za kwa Israeli ez'enziwa ibo. **20** UJehova wa nqaba inzalo yonke ya kwa Israeli, wa yi hlupa, wa yi kapela esandhleni sabapangayo, wa za wa ba lahla ebusweni bake. **21** Ngokuba wa hxebula uIsraeli endhlini ka Davida, ba beka uJeroboam ka Nebati a be inkosi; uJeroboam wa qubula uIsraeli ukuba a nga m landeli uJehova, wa m onisa ngesono esikulu. **22** Aba kwa Israeli ba hamba ezonweni zonke zi ka Jeroboam azenzayo; a ba sukanga kuzo; **23** uJehova wa ze wa m susa uIsraeli ebusweni bake, njengakukulumayo ngezinceku zake zonke abaprofeti. UIsraeli wa tu-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

njwake ezweni la kubo wa yiswa eAsiriya ku ze ku be namhlanje.

24 Inkosi ya seAsiriya ya leta abantu be vela eBabulon, na seKuta, na seAva, na seHamati, na seSefarvayim, ya ba beka emizini ya seSamariya esikundhleni saba kwa Israeli; ba l'aka iSamariya, ba hlala emizini yalo. **25** Kwa ti ekuqaleni kwokuhlala kwabo kona, a ba m esaba uJehova: ngakoke uJehova wa tumela izingonyama pakati kwabo eza bulala abanye kubo. **26** Ngakoke ba kuluma enkosini ya seAsiriya, ba ti, Izizwe ozisusileyo wa zi beka emizini ya seSamariya a z'azi isiko li ka nkulunkulu wezwe: ngakoke u tume izingonyama pakati kwazo, bheka, zi ya zi bulala, ngokuba zi ng'azi isiko li ka nkulunkulu wezwe.

27 Inkosi ya seAsiriya ya se i yala i ti, Yisani kona omunye ku bapristi ena ba tumba kona; ma ba ye ba hlale kona, ma ka zi fundise isiko li ka nkulunkulu wezwe. **28** Wa fikake omunye ku bapristi aba be ba tumbile eSamariya wa hlala eBeteli, wa ba fundisa ukumesaba uJehova. **29** Noko izizwe ngezizwe za z'enzela onkulunkulu bazo, za ba beka ezindhlini zezindawo ezipakemeyo eza z'enziwe amaSamariya, izizwe ngezizwe emizini yazo lapo za zi hlala kona. **30** Abantu ba seBabulon b'enza uSukoti-benoti, abantu ba seKuti b'enza uNeregale, abantu ba seHamati b'enza uAshima, **31** amaAva enza uNibehazi noTartake; amaSefarvi a shisa abantwana bawo emlilweni ku Adrameleki noAnameleki, onkulunkulu ba seSefarvayim. **32** Ba m esabake uJehova, ba z'enzela ngabantu bonke nje abapristi bezindawo ezipakemeyo, aba ba hlabela ezindhlini zezindawo ezipakemeyo. **33** Ba m esaba uJehova, ba konza na onkulunkulu babo, njengomkuba wezizwe aba be tunjiwe kuzo.

34 Ku ze ku be namhlanje b'enza njengomkuba wokuqala: a ba m esabi uJehova, futi ka b'enzi njengezimiso zabo, na njengamasiko abo, na njengomteto na njengomyalo uJehova a yala ngawo aba kwa Jakobe, a mu ta, wa ti uIsraeli; **35** uJehova a benze isivumelwano nabo, wa ba yala, wa ti, Ni ng'esabi abanye onkulunkulu, ni nga ba kotameli, ni nga ba konzi ni nga ba hlabeli: **36** kodwa uJehova, owa n'enyusa ezweni la sEgipite ngamandhla amakulu na ngengalo eyeluliweyo, m esabeni yena, ni m kotamele ni m hlabele: **37** izimiso namasiko, nomteto nomyalo, a ni lobela wona, ni ya kuqapela ni yenze njalonjalo; ni ng'esabi abanye onkulunkulu: **38** isivumelwano engi s'enze nani ni nga si kohlwa; ni ng'esabi abanye onkulunkulu: **39** kodwa ni ya kumesaba uJehova uNkulunkulu wenu; yena u ya kunopula esandhleni sezita zenu zonke. **40** Nokonje a ba lalelanga, b'enza njengomkuba wabo wokuqala. **41** Lezi zizwe za m esabake uJehova, za konza nezitombe ezibaziweyo; nabantwana bazo nabantwana babantwana bazo; njengaloko abakwenzayo oyise, b'enze njalo nabo ku ze ku be namhlanje.

18 Kwa ti ngomnyaka wesitatu ka Hosheya ka Ela inkosi ya kwa Israeli, uHezekiya ka Ahazi inkosi ya kwa Juda wa qala ukubusa. **2** Wa e neminyaka e ngamashumi amabili nesihlanu ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa iminyaka e ngamashumi amabili nesishiyangalolunye eJerusalem: igama li ka nina la li nguAbi ka Zekariya. **3** W'enza oku te ntse emehlweni ka Jehova, njengako konke akwenzayo uDavida uyise. **4** Wa susa izindawo ezipakemeyo, wa pahlaza izinsika, wa gaula uAshera, wa gxoba inyoka yetusi a be y'enzile uMoses; ngokuba kwa za kwa ba ku lezo zinsuku aba kwa Israeli ba be sa tunqisa impepo kuyo; wa yi biza ngokuti uNehushtan. **5** W'etemba uJehova uNkulunkulu ka Israeli; ngasemva kwake kwa ku ngeko o njengaye kuwo onke amakosi a kwa Juda, na kuwo onke a be ngapambili kwake. **6** Ngoba wa namatela ku Jehova; ka sukanga ekumlandeleni, wa gcina imiyalo yake

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

uJehova a m yala ngayo uMoses. 7 UJehova wa ba naye; lapo e hamba kona wa pumelela njalo: wa hlubuka enkosini ya seAsiriya, a ka yi konza. 8 Wa cita amaFilisti, kwa za kwa ba seGaza, na semikaulweni yalo, ku suka emboshongweni wabalindi kwa za kwa ba semzini obiyelweyo.

9 Kwa ti ngomnyaka wesine wenkosi uHezekiya, owa u ngumnyaka wesikombisa ka Hosheya ka Ela inkosi ya kwa Israeli, uShalemanesere inkosi ya seAsiriya w'enyuka e hlasela iSamariya, wa li vimbezela. 10 Ekupeleni kweminyaka emitatu ba li dhla: ngomnyaka wesitupa ka Hezekiya, owa u ngumnyaka wesishiyangalolunye ka Hosheya inkosi ya kwa Israeli, iSamariya la dhliwa. 11 Inkosi ya seAsiriya ya tumbela uIsraeli eAsiriya, ya ba beka eHala, na nga seHabore, umfula wa seGozan, na semizini yamaMede, 12 ngokuba be nga lalelanga izwi li ka Jehova uNkulunkulu wabo, b'eqa isivumelwano sake, kona konke uMoses inceku ka Jehova akuyalelayo, ka ba vumanga ukukulalela nokukwenza.

13 Ngomnyaka weshumi nane wenkosi uHezekiya, uSenakeribe inkosi ya seAsiriya w'enyuka e hlasela imizi yonke ebiyelweyo ya kwa Juda, wa yi dhla. 14 UHezekiya inkosi ya kwa Juda wa tumela enkosini ya seAsiriya eLakishe, wa ti, Ng'onile; buya u suke kimi: loko o ya kukubeka pezu kwami ngo ku twala. Inkosi ya seAsiriya ya m misela uHezekiya inkosi ya kwa Juda amatalenta esiliva a ngamakulu amatatu namatalenta egolide a ngamashumi amatatu. 15 UHezekiya wa m nika isiliva lonke ela funyaniswa endhlini ka Jehova, na sengcebweni yendhlu yenkosi. 16 Nga leso sikati uHezekiya wa nquma igolide ezicabheni zetempeli li ka Jehova, na sezinsikeni a be zi fake igolide uHezekiya inkosi ya kwa Juda, wa li nika inkosi ya seAsiriya. 17 Inkosi ya seAsiriya ya tuma uTartan noRabesarisi noRabeshake eLakishe ukuya eJerusalem enkosini uHezekiya be nempi enkulu. B'enyuka ba fika eJerusalem. Se b'enyukile, ba fika b'ema nga semseleni wecibi eli senhla, eli semgwaqweni wensimu yomhlanzi wezingubo. 18 Se be memeze inkosi, kwa pumela kubo uEliyakim ka Hilekiya, owa e pete abendhlu, noShebena umbhali, noJowa ka Asafi umlobi wezindaba.

19 URabeshake wa ti kubo, Ni ze ni ti ku Hezekiya, I ti inkosi enkulu, inkosi ya seAsiriya, Itemba lini leli oletembayo na? 20 Wena u ti (kepa amazwi ako a yize nje), Ku kona icebo, ku kona ubuqwaga bokulwa. Wetemba bani po, ukuba u hlubuke kimi na? 21 Bhekake, wetemba odondolweni lwa lolu hlanga olufahlazekileyo, iGipite; oku ya kuti uma umuntu e simelela ngalo, lu ngene esandhleni sake, lu si hlabe: u njaloke uFaro inkosi ya sEgipite kubo bonke abametembayo. 22 Kepa uma ni ti kimi, Si y'etemba ku Jehova uNkulunkulu wetu; a siye lo o zindawo zake ezipakemeyo namalati ake awasusileyo uHezekiya, wa ti ku Juda na kulo iJerusalem, A no kuleka pambi kwa leli lati eJerusalem na? 23 Kalokuke a ke u nike pela inkosi yami, inkosi ya seAsiriya, izibambiso, ngi ya kukunika amahashi a izinkulungwane ezimbili, uma u namandhla ngokwako ukubeka abakweli kuwo. 24 Poke, u nga pindelisela emva kanjani induna inye ezincekwini ezincane zenkosi yami, w'etemba iGipite ngezinqolana zempi nabakwel'amahashi na? 25 Ng'enyukile yini ngapandhle ku ka Jehova ukuba ngi hlasele le ndawo ngi yi cite na? UJehova u te kimi, Yenyuka u hlasele leli zwe, u li cite.

26 Wa e s'e ti uEliyakim ka Hilekiya, noShebena, noJowa, ku Rabeshake, A ke u kulume ezincekwini zako ngolimi lwa seSiriya; ngokuba si ya lu zwa tina: u nga kulumi kiti ngolimi lwabaJuda ezindhlebeni zabantu aba sogangeni. 27 Kepa uRabeshake wa ti kubo, Inkosi yami i

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amazwi ka Rabeshake.

ngi tumele enkosini yako, na kuwe, ukuba ngi kulume lawa mazwi yini na? a i ngi tumanga yini ku lawa madoda a hlezi ogangeni, ukuba a dhle indhle yawo, a puze umshobingo wawo kanye nani na? **28** Wa s'ema uRabeshake, wa memeza ngezwi elikulu ngolimi lwabaJuda, wa kuluma wa ti, Yizwani izwi lenkosi enkulu, inkosi ya seAsiriya. **29** I ti inkosi, Ma ni nga kohliswa uHezekiya; ngokuba a ka yi kuba namandhla okunopula esandhleni sayo: **30** futi uHezekiya ma ka nga n'enzi ni tembe ku Jehova, e ti, UJehova u ya kusopula nokusopula, lomuzi ka u yi kukashelwa esandhleni senkosi ya seAsiriya. **31** Ni nga m laleli uHezekiya: ngokuba inkosi ya seAsiriya i ti, Vumelanani nami, ni pume ni ze kimi; ni dhle nonke ku be ilowo emvinini wake, na lowo emkiwaneni wake, ni puze ku be ilowo amanzi omgodi wake; **32** ngi ze ngi fike ngi ni yise ezweni eli njengezwe lenu, izwe lamabele newayini, izwe lesinkwa nezivini, izwe leminqumo nezinyosi, ukuba ni pile ni nga fi: ni nga m laleli uHezekiya uma e ni wota, e ti, UJehova u ya kusopula. **33** Imbala, u kona noyedwa yini wa onkulunkulu bezizwe owa ke w'opula nokwopula izwe lake esandhleni senkosi ya seAsiriya na? **34** Bapi onkulunkulu ba seHamati, naba seArpadi? bapi onkulunkulu ba seSefarvayim, naba seHena, naba seIva? imbala, ba l'opula iSamariya esandhleni sami na? **35** Obani pakati kwa onkulunkulu bonke bamazwe ab'opule izwe labo esandhleni sami na? ukuba uJehova opule iJerusalem esandhleni sami?

36 Abantu ba tula nje, a ba ze ba m pendula ngazwi; ngokuba umyalo wenkosi wa u tize, Ni ze ni nga m penduli. **37** Wa e se fika uEliyakim ka Hilekiya, owa e pete abendhlu, noShebena umbhali, noJowa ka Asafi umlobi wezindaba, ku Hezekiya, be zi hxebulile izingubo zabo, ba m tshela amazwi ka Rabeshake.

UHezekiya u qungwa isibindi uIsaya.

19 Wa ti uHezekiya inkosi ukuzwa loku, wa hxebula izingubo zake, wa z'embesa ngendwangu yamasaka, wa ngena endhlini ka Jehova. **2** Wa tuma uEliyakim, owa e pete abendhlu, noShebena umbhali, namalunga abapristi, be z'embese ngendwangu yamasaka, ba ya ku mprofeti uIsaya ka Amozi. **3** Ba ti kuye, U ti uHezekiya, Namhla ngusuku losizi, nolokusolwa, nolokudelelwa; ngoba abantwana ba fikile esizalweni, kepa a wako amandhla okubeleta. **4** Kungabe uJehova uNkulunkulu wako u ya kuzwa onke amazwi ka Rabeshake, o tunywe inkosi ya seAsiriya, inkosi yake, ukuba a cape ngenhlamba uNkulunkulu opilayo, a wa sole amazwi awezwileyo uJehova uNkulunkulu wako: ngakoke pakamisela imitonsela eseleyo umtandazo wako. **5** Izinceku zenkosi uHezekiya za fikake ku Isaya. **6** UIsaya wa ti kuzo, A no ti enkosini yenu, U ti uJehova, U nga w'esabi amazwi owezwileyo, abafana benkosi ya seAsiriya aba ngi hlambalaze ngawo. **7** Bhekake, ngi ya kufaka umoya kuyo, i zwe amahemuhemu, i buyele ezweni layo; ngi ya kuyenza ukuba i wiswe ngenkemba ezweni layo.

8 URabeshake wa buyake wa fumana inkosi ya seAsiriya i lwa neLibena; ngokuba wa e zwile ukuti i si sukile eLakishe. **9** Ya ti ukuzwa ku tiwa ngoTirehaka, inkosi ya seEtiyopia, Bheka, u pumile ukulwa nawe, wa buya wa tuma izigijimi ku Hezekiya, e ti, **10** A no kuluma ku Hezekiya, inkosi ya kwa Juda, ni ti, Ma u nga kohliswa uNkulunkulu wako ometembayo nxa e ti, iJerusalem a li yi kukashelwa esandhleni senkosi ya seAsiriya. **11** Bhekake, u zwile okwenziwe amakosi a seAsiriya kuwo onke amazwe ngokuwashaya a wa bhuqe: po, u ya kwopulwa wena na? **12** Onkulunkulu bezizwe ba z'opulile yini ezi bujiswe obaba na, iGozan, neHaran, neRezefi, naba kwa Eden aba be seTelasare na? **13** Ipi inkosi ya seHamati, nenkosi ya se-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umtandazo ka Hezekiya. UIsaya u leta impendulo ka Jehova.

Arpadi, nenkosi yomuzi wa seSafarvayim, neHena, neIva?

14 UHezekiya w'amkela incwadi esandhleni sezigijimi, wa yi funda; uHezekiya w'enyukela endhlini ka Jehova, wa y'eneka pambi ku ka Jehova. **15** UHezekiya wa tandaza pambi ku ka Jehova, wa ti, E, Jehova, Nkulunkulu ka Israeli, o hlezi pezu kwamakerubi, wena u nguNkulunkulu wena wedwa wemibuso yonke yomhlaba; wenzile izulu nomhlaba. **16** Tobisa indhlebe yako, Jehova, u zwe; vula amehlo ako, Jehova, u bone; u zwe amazwi ka Senakeribe, a m tume nawo ukucapa ngenhlamba uNkulunkulu opilayo. **17** Iqiniso, Jehova, amakosi a seAsiriya enzile izwekufa izizwe nemihlabati yazo, **18** a ponsile onkulunkulu bazo emlilweni; ngokuba ba be nge sibo onkulunkulu, ba be umsebenzi wezandhla zabantu, imiti namatshe; ngako a ba bubisile. **19** Manjeke, Jehova Nkulunkulu wetu, a ke u si sindise esandhleni sake, ukuze imibuso yonke yomhlaba yazi ukuba wena Jehova u nguNkulunkulu, wena wedwa.

20 UIsaya ka Amozi wa s'e tumela ku Hezekiya, e ti, U ti Jehova uNkulunkulu ka Israeli, Njengaloku u tandaze kimi ngoSenakeribe, inkosi ya seAsiriya, ngi ku zwileke. **21** Nanti izwi uJehova a li kulume ngaye: Intombi, indodakazi ya seZiyon, i ku delele, ya ku hleka usulu; indodakazi ya seJerusalem i ku nqakuzele ikanda. **22** Ubani o m cape ngenhlamba wa m hlambalaza na? ubani o m pakamisele izwi lako wa m cililekela na? ngoNgcwele ka Israeli. **23** U cape ngenhlamba iNkosi ngezigijimi zako, wa ti, Ngobuningi bezinqolana zami ng'enyukele ekupakameni kwezintaba, pakati neLebanon; ngi ya kugaula imisedare yalo emide, nemifire eketekileyo yalo; ngi ya kungena endaweni yokungenisa yalo e semkaulweni, ihlati lensimu yalo evundileyo. **24** Ngi mbile, nga puza amanzi angaziwayo; ngezinyawo zami ngi ya kwomisa imifula yonke ya sEgipite.

25 A u zwanga yini ukuba kade nga kwenza loku, nga ku bumba endulo? kaloku ngi ku fezile, ukuba wena u cite imizi ebiyelweyo, i be izingqumbingqumbi. **26** Ngakoke abakileyo kuyo ba be namandhla a ingcozana, ba papateka ba jaba; ba be njengotshani ba sendhle, njengemishana eluhlaza, njengotshani obu sopahleni lwezindhlu, njengamabele e hamuke e nga ka kuli. **27** Kepa ngi y'azi ukuhlala kwako, nokupuma kwako, nokungena kwako, nokungivevela kwako. **28** Ngenxa yokungivevela kwako, na ngokuba ukuzigqaba kwako kwenyukele ezindhlebeni zami, ngakoke ngi ya kufaka ingwegwe yami ekaleni lako, netomu lami ezindebeni zomlomo wako, ngi ku buyise ngendhlela o ze ngayo.

29 Loku ku ya kuba isibonakaliso kuwe: nonyaka ni za kudhla amakikizela, ngomnyaka wesibili ni dhle isihlabane sawo; ngomnyaka wesitatu hlwanyelani, ni vune, ni tshale izivini, ni dhle izitelo zazo. **30** Abasindileyo bendhlu ya kwa Juda abaseleyo ba ya kubuya ba gxile pansi, ba tele izitelo pezulu. **31** Ngokuba ku ya kupuma eJerusalem insali, naba ya kusinda entabeni iZiyon: ukushiseka ku ka Jehova ku ya kufeza loku. **32** Ngakoke u ti uJehova ngayo inkosi ya seAsiriya, A i yi kuza ku lo muzi, ka i yi kuponsa mcibisholo kona, ka i yi kuza pambi kwawo nesihlangu, ka i yi kunqwabela iduli lokulwa nawo. **33** Ngendhlela e ze ngayo i ya kubuya ngayo, ka i yi kufika ku lo muzi, u sho uJehova. **34** Ngoba ngi ya kuvikela lo muzi ngi wu sindise ngenxa yami, na ngenxa ka Davida inceku yami.

35 Kwa ti nga lobo busuku ingelosi ka Jehova ya puma, ya bulala ekamu lamaAsiriya izinkulungwane ezi ikulu namashumi a isishiyangalombili nesihlanu: kwa ti se ku vukwa kusasa, bheka, bonke laba be izidumbu ezifileyo. **36** USenakeribe inkosi ya seAsiriya w'emukake, wa hamba, wa buyela emva, wa hlala eNineve. **37** Kwa ti e sa ku-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Isibonakaliso setunzi. U bonisa aba seBabulon ingcebo yake.

leka endhlini ka Niseroki unkulunkulu wake, uAdrameleki noSharezere ba m gela ngenkemba: ba balekela ezweni la seArarati. UEsare-hadon indodàna yake wa busa esikundhleni sake.

20 Nga lezo zinsuku uHezekiya wa e gula e pansi kwokufa. Umprofeti uIsaya ka Amozi wa ya kuye, wa ti kuye, U ti Jehova, Yalela indhlu yalo; ngokuba u za kufa, a u yi kupila. **2** Wa s'e pendulela ubuso bake odongeni, wa tandaza ku Jehova, wa ti, **3** E, Jehova, a ke u kumbule pela ukuhamba kwami pambi kwako ngeqiniso na ngenhliziyo epeleleyo, ng'enze okulungileyo emehlweni ako. Wa s'e kala uHezekiya ngokukala okukulu. **4** Kwa ti, uIsaya e nga ka pumeli pakati nomuzi, kwa fika kuye izwi li ka Jehova li ti, **5** Buyela u ti ku Hezekiya, isikulu sabantu bami, U ti uJehova uNkulunkulu ka Davida uyihlo, Ngi zwile umtandazo wako, ngi bonile izinyembezi zako: bheka, ngi ya kukupilisa; ngosuku lwesitatu u za kwenyuka u ye endhlini ka Jehova. **6** Ngi za kwengezelela ezinsukwini zako iminyaka e ishumi nesihlanu; ngi kopule wena na lo muzi esandhleni senkosi ya seAsiriya; ngi wu vikele lo muzi ngenxa yami na ngenxa ka Davida inceku yami. **7** Wa e se ti uIsaya, Tabatani isigaxa samakiwane. Ba si tabata, ba si beka etumbeni, wa puluka.

8 UHezekiya wa ti ku Isaya, Si ya kuba yini isibonakaliso sokuti uJehova u za kungipilisa, nokuba ngi ya kwenyukela endhlini ka Jehova ngosuku lwesitatu na? **9** UIsaya wa ti, Loku ku ya kuba isibonakaliso kuwe esi vela ku Jehova, sokuti uJehova u ya kwenza le nto ayikulumileyo: isitunzi si ye pambili izinyatelo ezi ishumi, noma si buye izinyatelo ezi ishumi na? **10** UHezekiya wa ti, Ku yinto e lula ukuba isitunzi s'eluleke izinyatelo ezi ishumi: ayi, isitunzi ma si buye izinyatelo ezi ishumi. **11** UIsaya umprofeti wa teta uJehova; wa buyisela emva isitunzi izinyatelo ezi ishumi e be s'ehle ngazo esilinganisweni selanga si ka Ahazi.

12 Nga leso sikati uBerodakibaladan ka Baladan inkosi ya seBabulon wa tumela izincwadi nesipo ku Hezekiya; ngokuba wa be zwile ukuti uHezekiya kade e gula. **13** UHezekiya wa ba lalela, wa ba bonisa indhlu yonke yamagugu ake, isiliva, negolide, namaka, namafuta anqabileyo, nenyango yezikali zake, nako konke okwa funyaniswa engcebweni yake: kwa ku ngekonto endhlini yake, na sembusweni wonke wake, uHezekiya a nga ba bonisanga yona. **14** Kwa se ku fika uIsaya umprofeti ku Hezekiya inkosi, wa ti kuye, Laba bantu ba tizeni na? be b'eze kuwe nje ba velapi na? Wa ti uHezekiya, Ba vela ezweni eli kude, kona le eBabulon. **15** Wa e se ti, Ba boneni endhlini yako na? UHezekiya wa ti, Konke oku sendhlini yami ba ku bonile: a kukonto engcebweni yami engi nga ba bonisanga yona.

16 Wa e se ti uIsaya ku Hezekiya, Yizwa izwi li ka Jehova. **17** Bheka, zi y'eza izinsuku lapo konke oku sendhlini yako, nako okubekelelweyo oyihlo ku ze ku be namhla, ku ya kututelwa eBabulon: a ku yi kusala luto, ku sho uJehova. **18** Na semadodaneni ako a ya kupuma kuwe, o ya kuwazala, ba ya kutata; a ya kuba abatenwa endhlini yobukosi yenkosi ya seBabulon. **19** Wa e se ti uHezekiya ku Isaya, Lihle izwi li ka Jehova olikulumileyo. Wa ti futi, A ku njalo na? uma ku ya kuba ukutula neqiniso ezinsukwini zami na? **20** Ezinye izindaba zi ka Hezekiya, nobuqwaga bonke bake, nokwenza kwake icibi, nomsele wokungenisa amanzi emzini, angiti ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Juda? **21** UHezekiya wa lala na okoko bake; uManase indodana yake wa busa esikundhleni sake.

21 UManase wa e neminyaka e ishumi nambili ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa iminyaka e ngamashumi a isihlanu nesihlanu eJe-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

rusalem: igama li ka nina la li nguHepeziba. 2 W'enza okubi emehlweni ka Jehova, njengamacilo ezizwe uJehova azixoshayo pambi kwaba kwa Israeli. 3 Ngokuba wa buya w'aka izindawo ezipakemeyo eza zi citwe uyise uHezekiya; wa misela uBale amalati, w'enza uAshera njengakwenzayo uAhabi inkosi ya kwa Israeli, wa kuleka kulo ibandhla lonke lezulu, wa li konza. 4 W'aka amalati endhlini ka Jehova, a ti ngayo uJehova, Ngi ya kubeka igama lami e Jerusalem. 5 W'akela ibandhla lonke lezulu amalati emagcekeni omabili endhlu ka Jehova. 6 Wa dabulisa indodana yake emlilweni, wa ba inyanga yemihlola, wa twebula, wa e zwana naba nemilozikazana nezangoma: w'enza okuningi okubi emehlweni ka Jehova, ukuba a m cunule. 7 Wa misa isitombe esibaziweyo si ka Ashera a be s'enzile endhlini owa e te ngayo uJehova ku Davida na ku Solomon indodana yake, Ku le ndhlu na seJerusalem engi li kete kuzo zonke izizwe za kwa Israeli, ngi ya kubeka igama lami ku ze ku be nini; 8 futi a ngi yi kupinda ngi zulise izinyawo zi ka Israeli zi suke ezweni enga li nika oyise, uma kodwa be ya kuqapela ukwenza njengako konke engi ba yale ngako, na njengawo wonke umteto inceku yami uMoses e ba yale ngawo. 9 Kodwa ka ba lalelanga: uManase wa b'edusa, b'enza okubi okukulu kunezizwe uJehova azishabalalisayo pambi kwaba kwa Israeli.

10 UJehova wa kuluma ngezinceku zake abaprofeti, wa ti, 11 Ngokuba uManase inkosi ya kwa Juda wenze lawa macilo, wenze kabi kunako konke akwenzayo amaAmori a e ngapambili kwake, w'onisa uJuda futi ngezitombe zake; 12 ngakoke u ti uJehova, uNkulunkulu ka Israeli, Bheka, ngi leta pezu kweJerusalem na pezu ku ka Juda ububi, oku ya kuti yena o zwa ngabo izindhlebe zake zombili zi hlokome. 13 Ngi ya kwelula pezu kweJerusalem isilinganiso sa seSamariya, nomtofu wokumisa ngokuti twi wendhlu ka Ahabi; ngi sule iJerusalem njengomuntu e sula isitsha, e s'esula e si gumbuqela. 14 Ngi ya kulahla insali yefa lami, ngi yi kapele esandhleni sezita zayo; i ya kupangwa i tunjwe izita zonke zayo; 15 ngokuba y'enzile okubi emehlweni ami, i ngi cunulile, ku sukela osukwini oyise aba puma ngalo Egipite ku ze ku be namhlanje.

16 Futi uManase wa palaza kakulu igazi eli msulwa, wa za wa gcwalisa iJerusalem ngalapa na ngalapa; ngapandhle kwesono sake onisa ngaso uJuda, ngokwenza okubi emehlweni ka Jehova. 17 Ezinye izindaba zi ka Manase, nako konke akwenzayo, nesono sake ona ngaso, angiti ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Juda? 18 UManase wa lala na okoko bake, w'embelwa ensimini yendhlu yake, ensimini ka Uza: uAmon indodana yake wa busa esikundhleni sake.

19 UAmon wa e neminyaka e ngamashumi amabili nambili ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa iminyaka emibili eJerusalem: igama li ka nina la li nguMeshulemeti ka Haruzi wa seJoteba. 20 W'enza okubi emehlweni ka Jehova njengakwenzayo uManase uyise. 21 Wa hamba ngendhlela yonke uyise a be hamba ngayo, wa konza izitombe eza be zi konzwa uyise, wa kuleka kuzo: 22 wa shiya uJehova, uNkunkulu wa oyise, ka hambanga endhleleni ka Jehova. 23 Izinceku zi ka Amon za m enzela uzungu, za bulala inkosi endhlini yayo. 24 Kodwa abantu bezwe ba bulala bonke ab'enzela uzungu inkosi uAmon; abantu bezwe ba beka uJosiya indodana yake a be inkosi esikundhleni sake. 25 Ezinye izindaba zi ka Amon azenzayo, angiti zi lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Juda? 26 W'embelwa etuneni lake ensimini ka Uza: uJosiya indodana yake wa busa esikundhleni sake.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Oku ka Josiya. Ku tolwa incwadi yomteto. Ku buzwa ku Hulda.

22 UJosiya wa e neminyaka e isishiyangalombili ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa iminyaka e ngamashumi amatatu nanye eJerusalem: igama li ka nina la li nguJedida ka Adaya wa seBozekati. 2 W'enza oku te ntse emehlweni ka Jehova, wa hamba ngendhlela yonke ka Davida uyise, a ka pambukelanga nga kwesokunene na nga kwesokohlo.

3 Kwa ti ngomnyaka weshumi nesishiyangalombili wenkosi uJosiya, inkosi ya tumela uShafan ka Azaliya ka Meshulam, umbhali, endhlini ka Jehova, ya ti, 4 Yenyukela ku Hilekiya umpristi omkulu, ukuba a hlanganise imali eyiswayo endhlini ka Jehova, e butwe abalindi bomnyango ku bantu: 5 ba yi beke esandhleni sezisebenzi ezi pata indhlu ka Jehova; ma ba yi nike izisebenzi ezi sendhlini ka Jehova, ukuze ku lungiswe izindawo ezidilikileyo zendhlu, 6 ku babazi, nabaki, nab'aka ngamatshe, nokutenga imiti namatshe abaziweyo okulungisa indhlu. 7 Noko a ku balelanwanga nabo ngemali eya i bekwe esandhleni sabo, ngokuba b'enza ngokwetembeka.

8 UHilekiya umpristi omkulu wa ti ku Shafan umbhali, Ngi fumene incwadi yomteto endhlini ka Jehova. UHilekiya wa nika uShafan incwadi, wa yi funda. 9 UShafan umbhali wa ya enkosini, wa buyisela izwi enkosini, wa ti, Izinceku zako se zi tulule imali eya funyanwa endhlini, za yi beka esandhleni sezisebenzi ezi pata indhlu ka Jehova. 10 UShafan umbhali wa tshela inkosi, wa ti, UHilekiya umpristi u ngi nike incwadi. UShafan wa yi funda pambi kwenkosi. 11 Kwa t'uba inkosi i zwe amazwi encwadi yomteto, ya hxebula izingubo zayo. 12 Inkosi ya yala uHilekiya umpristi, noAhikam ka Shafan, noAkebore ka Mikaya, noShafan umbhali, noAsaya inceku yenkosi, i ti, 13 Hambani ni yo ngi bużela ku Jehova, mina nabantu, noJuda wonke, ngamazwi a le ncwadi efunyanisiweyo; ngokuba kukulu ukufuteka ku ka Jehova okutungelekileyo ngati, ngokuba obaba be nga lalelanga amazwi a le ncwadi, ukuba benze njengako konke okulotshiweyo ngati.

14 UHilekiya umpristi, noAhikam, noAkebore noShafan, noAsaya, ba ya ku Hulda umprofetikazi, umka Shalum ka Tikva, ka Harhase o gcina izingubo (yena wa e hlala eJerusalem enxenyeni yesibili yalo); ba kuluma naye. 15 Wa ti kubo, U ti uJehova uNkulunkulu ka Israeli: M tsheleni lo muntu onitumileyo kimi, ni ti, 16 U ti uJehova, Bheka, ngi ya kuleta ububi ku le ndawo, na kubo abakileyo kuyo, amazwi onke encwadi e fundwe inkosi ya kwa Juda. 17 Ngokuba ba ngi shiyile, ba tunqisa impepo konkulunkulu abanye, ukuba ba ngi cunule ngomsebenzi wonke wezandhla zabo, ngakoke ukufuteka kwami ku ya kutungeleka nga le ndawo, a ku yi kucinywa. 18 Kodwa a no ti enkosini ya kwa Juda enitumileyo ukubuza ku Jehova, U ti uJehova uNkulunkulu ka Israeli: Mayelana namazwi owezwileyo, 19 ngokuba inhliziyo yako i bi tambile, wa zitoba pambi ku ka Jehova ekuzweni kwako loko engakushoyo nga le ndawo, na ngabakileyo kuyo, ukuti ba za kuba incitakalo nesiqalekiso, wa hxebula izingubo zako, wa kala pambi kwami; nami ngi ku zwile, u sho uJehova. 20 Ngakoke, bheka, ngi ya kukwelekela kokoko bako, welekelwe etuneni lako ngokutula, amehlo ako a nga bu boni ububi bonke engi ya kubuleta ku le ndawo. Ba yi buyisela inkosi izwi.

23 Inkosi ya tuma ba butela kuyo amalunga onke a kwa Juda nawa seJerusalem. 2 Inkosi y'enyukela endhlini ka Jehova, kanye nabantu bonke ba kwa Juda nabo bonke abakileyo eJerusalem kanye nayo, nabapristi, nabaprofeti, nabantu bonke, abancane nabakulu: ya funda ezindhlebeni zabo onke amazwi encwadi yesivumelwano eya funyanwa endhlini ka Jehova. 3 Inkosi y'ema nga sensikeni, y'enza isivumelwano pambi ku ka Jehova, uku-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UJosiya u ya yi fundela abantu, enza imvuselelo enkulu.

landela uJehova, nokugcina imiyalo yake, nezifakazo zake, nezimiso zake, ngayo yonke inhliziyo yayo na ngawo wonke umpefumulo wayo, ukumisa amazwi a lesi sivumelwano alotshiweyo ku le ncwadi: abantu bonke b'ema esivumelwaneni.

4 Inkosi ya yala uHilekiya umpristi omkulu, nabapristi besigaba sesibili, nabalindi bomnyango ukuba ba kipe etempelini li ka Jehova zonke izimpahla eza be z'enzelwe uBale, noAshera, nebandhla lonke lezulu; wa zi shisa ngapandhle kweJerusalem emasimini a seKidron, wa yisa umlota wazo eBeteli. **5** Ya susa abapristi bezitombe, a e ba misile amakosi a kwa Juda ukuba ba tunqise impepo ezindaweni ezipakemeyo emizini ya kwa Juda, na sezindaweni ezi zungeze iJerusalem; naba tunqisa impepo ku Bale, na selangeni, na senyangeni, na sezinkanyezini, na sebandhleni lonke lezulu. **6** Ya kipa uAshera endhlini ka Jehova, ya m yisa ngapandhle kweJerusalem, emfulaneni iKidron, ya m shisa emfulaneni iKidron, ya m colisisa wa ba utuli, ya ponsa utuli lwake ematuneni abantukazana. **7** Ya bidhliza izindhlu zab'enza ubunkotshana, eza zi sendhlini ka Jehova, lapo abesifazana be walukela kona amatente ka Ashera. **8** Ya kipa abapristi bonke emizini ya kwa Juda, ya ngcolisa izindawo ezipakemeyo lapo abapristi ba be tunqisa impepo kona, ku sukela eGeba kwa za kwa ba seBere-sheba; ya bidhliza izindawo ezipakemeyo zamasango eza zi sentubeni yesango li ka Joshua umbusi womuzi, eza zi nga kwesokohlo somuntu esangweni lomuzi. **9** Nokoke abapristi bezindawo ezipakemeyo a b'enyukanga ukuya elatini li ka Jehova eJerusalem, kepa ba dhla isinkwa esi nge na mvubelo pakati kwabafo wabo. **10** Ya ngcolisa iTofeta eli semhosheni waba kwa Hinom, ukuba ku nga biko muntu o dabulisa indodana yake nendodakazi yake emlilweni ku Moleki. **11** Ya susa amahashi a be nikelwe amakosi a kwa Juda kulo ilanga endaweni yokungena endhlini ka Jehova nga sekamelweni li ka Natan-meleki induna, ela li ngapandhle; ya shisa izinqolana zelanga ngomlilo. **12** Namalati a be sopahleni lwekamelo eli pezulu li ka Ahazi, a be enziwe amakosi a kwa Juda, namalati a be enziwe uManase emagcekeni omabili endhlu ka Jehova, inkosi ya wa bidhliza ya wa diliza kona, ya ponsa utuli lwawo emfulaneni iKidron. **13** Nezindawo ezipakemeyo eza zi pambi kweJerusalem, eza zi nga kwesokunene sentaba yomonakalisi, uSolomon inkosi ya kwa Israeli a z'akela uAshtoreti amanyala amaSidon, noKemoshi amanyala a kwa Moabe, noMilikom icilo laba kwa Amon, inkosi ya ku ngcolisa. **14** Ya pahlaza izinsika, ya gaula oAshera, ya gcwalisa izindawo zabo ngamatambo abantu.

15 Futi ilati ela li seBeteli, nendawo epakemeyo a be y'enzile uJeroboam ka Nebati ow'onisa uIsraeli, lelo lati kanye nendawo epakemeyo ya li bidhliza; ya shisa indawo epakemeyo ya yi colisisa ya ba utuli, ya shisa noAshera. **16** UJosiya wa ti ukupenduka, wa bona amatuna a e lapo entabeni; wa tumela, wa kipa amatambo ematuneni, wa wa shisa elatini, wa li ngcolisa, njengezwi li ka Jehova alimemezayo umuntu ka Nkulunkulu owa memezela lezi zinto. **17** Wa s'e ti, Eyani le nsika engiyibonayo na? Abantu bomuzi ba m tshela ba ti, Lituna lomuntu ka Nkulunkulu, owa vela kwa Juda, wa memezela lezi zinto ozenzileyo kulo ilati la seBeteli. **18** Wa ti, M yekeni; ma ka nga nyakaziswa muntu amatambo ake. Ba wa hlangulisake amatambo ake, kanye namatambo omprofeti owa vela eSamariya. **19** Nazo zonke izindhlu zezindawo ezipakemeyo eza zi semizini ya seSamariya, eza be z'enziwe amakosi a kwa Israeli ukuba a cunule uJehova, wa zi susa uJosiya, w'enza kuzo njengezenzo zake zonke a be z'enzile eBeteli. **20** Wa hlaba bonke abapristi bezindawo ezipakemeyo aba

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izenzo zi ka Josiya. U bulawa uFaro-neko o misa uJehoyakim.

be kona, emalatini, wa shisa amatambo abantu pezu kwawo; wa buyela eJerusalem.

21 Inkosi ya yala abantu bonke, ya ti, Yenzani ipasika ku Jehova uNkulunkulu wenu njengokuba ku lotshiwe encwadini ya lesi sivumelwano. **22** Ngempela, a ku zanga kwenziwe ipasika elinje ku sukela ezinsukwini zabahluli ab'ahlulela uIsraeli, na kuzo zonke izinsuku zamakosi a kwa Israeli, namakosi a kwa Juda; **23** ngomnyaka weshumi nesishiyangalombili wenkosi uJosiya l'enziwa leli pasika ku Jehova eJerusalem.

24 Futi aba nemilozikazana, nezangoma, namaterafi, nezitombe, namanyala onke a e bonwa ezweni la kwa Juda na seJerusalem, uJosiya wa wa kukula, ukuze a mise amazwi omteto a e lotshiwe encwadini eya funyanwa uHilekiya umpristi endhlini ka Jehova. **25** Kwa ku ngeko nkosi ngapambili kwake e njengaye, eya buyela ku Jehova ngenhliziyo yonke yayo, na ngompefumulo wonke wayo, na ngamandhla onke ayo, njengomteto wonke ka Moses; futi ngasemva kwake a ku velanga e njengaye.

26 Kantinoko, uJehova ka buyanga ekuvuteni kwolaka lwake olukulu, olwa vuta ngako ulaka lwake ngoJuda, ngenxa yokucunula konke uManase a be m cunule ngako. **27** Wa ti uJehova, Ngi ya kususa no-Juda emehlweni ami, njengokuba ngi susile uIsraeli, ngi lahle lo muzi engiwuketileyo, iJerusalem, nendhlu enga ti ngayo, Igama lami li ya kuba kuyo.

28 Ezinye izindaba zi ka Josiya, nako konke akwenzayo, angiti ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Juda? **29** Ngezinsuku zake uFaro-neko inkosi ya sEgipite w'enyukela ukuhlasela inkosi ya seAsiriya emfuleni uUfrate: inkosi uJosiya ya ya kuhlangabezana naye; uFaro-neko wa m bulala eMegido e se m bonile. **30** Izinceku zake za m kwelisa enqolaneni yempi e file, zi suka eMegido, za m yisa eJerusalem, za m mbela etuneni lake. Abantu bezwe ba tata uJehowahazi ka Josiya, ba m gcoba, ba m beka inkosi esikundhleni si ka yise.

31 UJehowahazi wa e neminyaka e ngamashumi amabili nantatu ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa izinyanga ezintatu eJerusalem: igama li ka nina la li nguHamutali ka Jeremiya wa seLibena. **32** W'enza okubi emehlweni ka Jehova, njengako konke aba be kwenzile okoko bake. **33** UFaro-neko wa m bopa eRibela ezweni la seHamati, ukuze a nga busi eJerusalem; wa li bekela izwe inhlaulo amatalenta esiliva a ikulu, netalenta legolide. **34** UFaro-neko wa beka uEliyakim ka Josiya wa ba inkosi esikundhleni si ka Josiya uyise, wa guqula igama lake la ba uJehoyakim: kepa wa susa uJehowahazi, wa ya Egipite, wa fela kona. **35** UJehoyakim wa nika uFaro isiliva negolide; kodwa wa telisa izwe ukuba li kipe imali, njengezwi li ka Faro: wa kokisa abantu bezwe isiliva negolide, ilowo njengokuteliswa kwake, ukuba ku nikwe uFaro-neko.

36 UJehoyakim wa e neminyaka e ngamashumi amabili n sihlanu ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa iminyaka e ishumi nanye eJerusalem: igama li ka nina la li nguZebida ka Pediya wa seRuma. **37** W'enza okubi emehlweni ka Jehova, njengako konke aba be kwenzile okoko bake.

24 Ezinsukwini zake kw'enyuka uNebukadenezare inkosi ya seBabulon, uJehoyakim wa ba isikonzi sake iminyaka emitatu: wa buya wa m hlubuka. **2** UJehova wa tuma ukumhlasela amaviyo amaKaledi, namaviyo amaSiriya, namaviyo ama-Moabe namaviyo aba kwa Amon, wa wa tumela a li hlasele ela kwa Juda ukulicita, njengezwi li ka Jehova alikulumayo ngezinceku zake abaprofeti. **3** Impela ngezwi li ka Jehova loku kwa ba kona ku Juda, ukuba a m suse emehlweni ake, ngenxa yezo-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

no zi ka Manase, njengako konke akwenzayo, 4 na ngenxa yegazi eli msulwa alipalazayo; ngokuba wa gcwalisa iJerusalem ngegazi eli msulwa: uJehova a ka vumanga ukutetelela. 5 Ezinye izindaba zi ka Jehoyakim, nako konke akwenzayo, angiti ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a kwa Juda? 6 UJehoyakim wa lalake na okoko bake; uJehoyakin indodana yake wa busa esikundhleni sake. 7 Inkosi ya sEgipite a i buyanga i pume futi ezweni layo; ngokuba inkosi ya seBabulon i bi dhlile konke okwenkosi ya sEgipite, ku suka emfulaneni wa sEgipite ku ze ku be semfuleni uUfrate.

8 UJehoyakin wa e neminyaka e ishumi nesishiyangalombili ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa izinyanga ezintatu eJerusalem: igama li ka nina la li nguNehushta ka Elnatan wa seJerusalem. 9 W'enza okubi emehlweni ka Jehova, njengako konke akwenzayo uyise.

10 Nga leso sikati izinceku zi ka Nebukadenezare inkosi ya seBabulon z'enyukela eJerusalem; umuzi wa vinjezelwa. 11 UNebukadenezare inkosi ya seBabulon wa fika emzini, izinceku zake zi wu vimbezele; 12 uJehoyakin inkosi ya kwa Juda wa puma wa ya enkosini ya seBabulon, yena, nonina, nezinceku zake, nezikulu zake, nezinduna zake: inkosi ya seBabulon ya m tata ngomnyaka wesishiyangalombili wokubusa kwake. 13 Ya kipa kona ingcebo yonke yendhlu ka Jehova, nengcebo yendhlu yenkosi, ya qoba zonke izimpahla zegolide a be z'enzile uSolomon inkosi ya kwa Israeli etempelini li ka Jehova, njengokusho ku ka Jehova. 14 Ya tumba lonke iJerusalem, nazo zonke izikulu, neziqwaga zonke ezi ngamaqawe, izinkulungwane ezi ishumi zabatunjwa, nezinyanga zonke zemisebenzi nabakandi; a kwa shiywa muntu, kupela abampofu babantu bezwe. 15 Ya tumba uJehoyakin ya m yisa eBabulon; nonina wenkosi, nabafazi benkosi, nezinduna zayo, nabakulu bezwe, ya ba mukisa eJerusalem ya ba yisa eBabulon be tunjiwe. 16 Nabantu bonke aba ngamaqawe, izinkulungwane ezi isikombisa, nezinyanga zemisebenzi nabakandi be inkulungwane, bonke be iziqwaga be lungele ukulwa, bona labo inkosi ya seBabulon ya ba yisa eBabulon be tunjiwe. 17 Inkosi ya seBabulon ya beka uMataniya uyisekazi ka Jehoyakin wa ba inkosi esikundhleni sake, wa guqula igama lake la ba uZedekiya.

18 UZedekiya wa e neminyaka e ngamashumi amabili nanye ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa iminyaka e ishumi nanye eJerusalem: igama li ka nina la li nguHamutali ka Jeremiya wa seLibena. 19 W'enza okubi emehlweni ka Jehova, njengako konke a be kwenzile uJehoyakim. 20 Ngokuba ngenxa yolaka lu ka Jehova kwehlakala loku eJerusalem na kwa Juda, wa za wa ba lahla ebusweni bake.

UZedekiya wa hlubuka inkosi ya
25 seBabulon. 1 Kwa ti ngomnyaka wesishiyangalolunye wokubusa kwake, ngenyanga yeshumi, ngosuku lweshumi lwenyanga, uNebukadenezare inkosi ya seBabulon wa fika, yena nempi yonke yake, eJerusalem, wa ngenisa nga kulo; b'aka izimboniso nga kulo inxa zonke. 2 Umuzi wa vinjezelwake kwa za kwa ba umnyaka weshumi nanye wenkosi uZedekiya. 3 Ngosuku lwesishiyangalolunye lwenyanga yesine indhlala ya i kulile emzini, a ku bangako kudhla kwabantu bezwe. 4 Umuzi wa se u fohlwa; amadoda okulwa onke a baleka ebusuku ngendhlela yesango emkatini wezingange ezimbili e nga sensimini yenkosi (ama-Kaledi a e konake nga semzini inxa zonke); inkosi ya hamba ngendhlela ya seAraba. 5 Kepa impi yama-Kaledi ya landela inkosi, ya yi fica ematafeni a seJeriko; impi yonke yayo ya hlakazeka kuyo. 6 A yi bambake inkosi, a y'enyusela enkosini ya seBabulon eRibela; a kipa isinqumo ngayo. 7 A bulala amado-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

dana ka Zedekiya pambi kwamehlo ake, a kipa amehlo ka Zedekiya, a m bopa ngamaketango etusi, a m yisa eBabulon.

8 Ngenyanga yesihlanu, ngosuku lwesikombisa lwenyanga, okwa ku ngumnyaka weshumi nesishiyangalolunye wenkosi uNebukadenezare inkosi ya seBabulon, kwa fika eJerusalem uNebuzaradan induna yemilindankosi, inceku yenkosi ya seBabulon. **9** Wa shisa indhlu ka Jehova, nendhlu yenkosi; nezindhlu zonke za seJerusalem, izindhlu zonke ezinkulu, wa zi shisa ngomlilo. **10** Impi yonke yamaKaledi eya i nenduna yemilindankosi, ya bidhliza izingange zeJerusalem inxa zonke. **11** Insali yabantu aba be sele emzini, na labo aba be hlubukile, aba hlubukele enkosini ya seBabulon, nensali yesixuku, uNebuzaradan induna yemilindankosi wa yi tumba. **12** Kodwa induna yemilindankosi ya shiya abanye abampofu bezwe ukuba ba be izisebenzi ezivini nabalimi.

13 Izinsika zetusi eza zi sendhlini ka Jehova, nezincwelana, nolwandhle lwetusi okwa ku sendhlini ka Jehova, amaKaledi a ku pahlaza a tutela itusi lako eBabulon. **14** Izimbiza nazo, namafosholo, nezizenze, nezinkezo, nezimpahla zonke zetusi okwa ku konzwa ngazo, a zi tabata. **15** Imicengezi yomlilo, nemikele, ezegolide zi igolide, nezesiliva zi isiliva, induna yemilindankosi ya zi tabata. **16** Izinsika zombili, nolwandhle lu lunye, nezincwelana, uSolomon a be z'enzele indhlu ka Jehova, itusi la lezi zimpahla zonke la li nge na kulinganiswa. **17** Ukupakama kwensika inye kwa ku izingalo ezi ishumi nesishiyangalombili, inhloko yetusi ya i pezu kwayo; ukupakama kwenhloko kwa ku izingalo ezintatu, kwa ku kona kuyo okuyimvakamvaka namaharanate pezu kwenhloko inxa zonke, konke kwa ku itusi: kwa ku njalo na kweyesibili insika, ku kona kuyo okuyimvakamvaka.

18 Induna yemilindankosi ya tabata uSeraya umpristi o inhloko, noZefaniya umpristi wesibili, nabalindi abatatu bomnyango: **19** ya tabata emzini induna eya i misiwe ukupata amadoda okulwa; nabantu aba isihlanu ku labo ababonayo ubuso benkosi, aba funyanwa emzini; nombhali wenduna yempi, owa e buta abantu bezwe; namadoda a ngamashumi a isitupa abantu bezwe aba funyanwa emzini. **20** UNebuzaradan induna yemilindankosi wa ba tabata, wa ya nabo enkosini ya seBabulon eRibela. **21** Inkosi ya seBabulon ya ba genca, ya ba bulala eRibela ezweni la seHamati. UJuda wa tunjwake ezweni lake.

22 Abantu abaseleyo ezweni la kwa Juda, aba be shiywe nguNebukadenezare inkosi ya seBabulon, ya misa pezu kwabo uGedaliya ka Ahikam ka Shefan, a be umbusi. **23** Za ti izinduna zonke zempi, zona nabantu bazo, ukuzwa ukuti inkosi ya seBabulon yenze uGedaliya a be umbusi, za fika ku Gedaliya eMizpa, uIshmayeli ka Netaniya, noJohanan ka Kareha, noSeraya ka Tanumeti wa seNetofati, noJazaniya, indodana yomMahakati, bona nabantu babo. **24** UGedaliya wa funga kubo na ku bantu babo, wa ti kubo, Ni ng'esabi izinceku zamaKaledi: hlalani ezweni, ni konze inkosi ya seBabulon, ni ya kuhlala kahle. **25** Kepa kwa ti ngenyanga yesikombisa uIshmayeli ka Netaniya ka Elishama owenzalo yenkosi, wa fika, nabantu aba ishumi kanye naye, wa genca uGedaliya, wa fa, nabaJuda namaKaledi a be kona naye eMizpa. **26** Ba suka abantu bonke abancane nabakulu, nezinduna zempi, ba ya Egipite; ngokuba ba b'esaba amaKaledi.

27 Kwa ti ngomnyaka wamashumi amatatu nesikombisa wokutunjwa ku ka Jehoyakin inkosi ya kwa Juda, ngenyanga yeshumi nambili, ngosuku lwamashumi amabili nesikombisa lwenyanga, uEvili-merodaki inkosi ya seBabulon, ngomnyaka wokuqala wokubusa kwake, wa pakamisa ikanda li ka Jehoyakin inkosi ya kwa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UJehoyakin u patwa kahle uEvili-merodaki.

Juda, wa m kipa endhlini yeziboshwa; 28 wa kuluma kahle kuye, wa beka isihlalo sake sobukosi ngapezu kwezihlalo zamakosi a e naye eBabulon, 29 wa m kumula izingubo zake zobuboshwa. UJehoyakin wa dhla ukudhla pambi kwake njalonjalo izinsuku zonke zokuhamba kwake. 30 Ukudhla kwake wa piwa ukudhla njalonjalo ku vela enkosini, isabelo semihla ngemihla izinsuku zonke zokuhamba kwake.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

YEZINDABA

(IZIKRONIKE)

Izizukulwana za oNoa noAbraham, noEsau, noSehire.

1 UAdam, uSete, uEnoshe, **2** uKenan, uMahalaleli, uJarede, **3** uEnoki, uMetusela, uLameki, **4** uNoa, uShem, noHam, noJafeti.

5 Amadodana ka Jafeti: uGomeri, noMagogi, noMadayi, noJavan, noTubali, noMesheki, noTirasi. **6** Amadodana ka Gomeri: uAshkenazi, noDifati, noTogarma. **7** Amadodana ka Javan: uElisha, noTarshishi, uKitim, noRodanim.

8 Amadodana ka Ham: uKushi, noMizerayim, noPuti, noKanan. **9** Amadodana ka Kushi: uSeba, noHavila, noSabta, noRama, noSabteka. Amadodana ka Rama: uSheba, noDedan. **10** UKushi wa zala uNimrodi; yena wa qala ukuba isiqwaga emhlabeni. **11** UMizerayim wa zala uLudim, noAnamim, noLehabim, noNaftuhim, **12** noPatrusim, noKasluhim (lapa kwa vela kona amaFilisti), noKaftorim. **13** UKanan wa zala uSidon izibulo lake, noHeti, **14** namaJebusi, namaAmori, namaGirgashi, **15** namaHivi, namaArki, namaSini, **16** namaArvadi, namaZemari, namaHamati.

17 Amadodana ka Shem: uElam, noAshuri, noArpakishadi, noLudi, noAram, noUze, noHuli, noGeteri, noMesheki. **18** UArpakishadi wa zala uShela, uShela wa zala uEberi. **19** Kwa zalwa uEberi amadodana amabili: igama lenye nguPelege; ngokuba emihleni yake umhlaba w'ahlukaniswa; igama lomfo wabo nguJoketan. **20** UJoketan wa zala uAlmodadi, noShelefi, noHazarmaveti, noJera, **21** noHadoram, noUzali, noDikla, **22** noEbali, noAbimayeli, noSheba, **23** noOfire, noHavila, noJobabe. Laba bonke ba be ngamadodana ka Joketan.

24 UShem, uArpakishadi, uShela, **25** uEberi, uPelege, uRehu, **26** Useruga, uNahori, uTera, **27** uAbram (o nguAbraham).

28 Amadodana ka Abraham: uIsaka, noIshmayeli. **29** Nantu uzalo lwabo: Izibulo li ka Ishmayeli, uNebayoti; noKedare, noAdebele, noMibesam, **30** noMishma, noDuma, noMasa, noHadadi, noTema, **31** noJeturi, noNafishi, noKedema. Yilawa amadodana ka Ishmayeli.

32 Amadodana ka Ketura, isancinza si ka Abraham: wa zala uZimran, noJokeshan, noMedan, noMidiyan, noIshbaki, noShuwa. Amadodana ka Jokeshan: uSheba, noDedan. **33** Amadodana ka Midiyan: uEfa, noEferi, noHanoki, noAbida, noElda. Laba bonke ba be ngamadodana ka Ketura.

34 UAbraham wa zala uIsaka. Amadodana ka Isaka: uEsau, noIsraeli.

35 Amadodana ka Esau: uElifazi, noRehuweli, noJehushe, noJalam, noKora. **36** Amadodana ka Elifazi: uTeman, noOmare, noZefi, noGatam, noKenazi, noTimna, noAmeleki. **37** Amadodana ka Rehuweli: uNahati, noZera, noShama, noMiza.

38 Amadodana ka Sehire: uLotan, noShobali, noZibeon, noAna, noDishon, noEzere, noDishan. **39** Amadodana ka Lotan: uHori, noHomam; udade wabo ka Lotan wa e nguTimna. **40** Amadodana ka Shobali: uAliyan, noManahati, noEbali, noShefi, noOnam. Amadodana ka Zibeon: uAya, noAna. **41** Amadodana ka Ana: uDishon. Amadodana ka Dishon: uHamran, noEshban, noItran, noKeran. **42** Amadodana ka Ezere: uBilehan, noZavan, noJakan. Amadodana ka Dishan: uUze, noAran.

43 Yilawa amakosi a busa ezweni la kwa Edom, ku nga ka busi nkosi

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amakosi a kwa Edom. Izizukulwana zi ka Juda ka Jakobe,

kwaba kwa Israeli: uBela ka Behore igama lomuzi wake la li iDinhaba. **44** Wa fa uBela, uJobabe ka Zera wa seBozra wa busa esikundhleni sake. **45** Wa fa uJobabe, uHusham wa sezweni lamaTeman wa busa esikundhleni sake. **46** Wa fa uHusham, uHadadi ka Bedadi, owa bulala uMidiyan ezweni la kwa Moabe, wa busa esikundhleni sake; igama lomuzi wake la li iAviti. **47** Wa fa uHadadi, uSamla wa seMasereka wa busa esikundhleni sake. **48** Wa fa uSamla, uShaule wa seRehoboti nga seMfuleni wa busa esikundhleni sake. **49** Wa fa uShaule, uBale-hanan ka Akebore wa busa esikundhleni sake. **50** Wa fa uBale-hanan, uHadadi wa busa esikundhleni sake; igama lomuzi wake la li iPayi: igama lomkake nguMehetabeli ka Matrede, ka Mezahabe. **51** Wa fa uHadadi.

Abanumzana ba kwa Edom ba be ilaba: uTimna umnumzana, uAliya umnumzana, uJetete umnumzana, **52** uOholibama umnumzana, uEla umnumzana, uPinon umnumzana, **53** uKenazi umnumzana, uTeman umnumzana, uMibezare umnumzana, **54** uMagediyeli umnumzana, uIram umnumzana. Yilaba abanumzana ba kwa Edom.

2 Yilawa amadodana ka Israeli: uRuben, noSimeon, noLevi, noJuda, noIsakare, noZebulun, **2** noDan, noJosefa, noBenjamin, noNafetali, noGadi, noAsheri.

3 Amadodana ka Juda: uEre, noOnan, noShela; laba batatu ba zalwa uye kuyo indodakazi ka Shuwa umKananikazi. UEre, izibulo li ka Juda, wa e mubi emehlweni ka Jehova; wa m bulala. **4** UTamare umalokazana wake wa m zalela uPerezi noZera. Onke amadodana ka Juda a e isihlanu.

5 Amadodana ka Perezi: uHezeron, noHamuli. **6** Amadodana ka Zera: uZimri, noEtan, noHeman, noKalekole, noDara; a isihlanu onkana. **7** Amadodana ka Karmi: UAkare, umhlupi ka Israeli, owa pambuka ngento eyahlukaniselwa ngokulokotelwa. **8** Amadodana ka Etan: uAzariya.

9 Amadodana ka Hezeron awazalayo: uJerameli, noRam, noKelubayi. **10** URam wa zala uAminadabe, UAminadabe wa zala uNashon, isikulu saba kwa Juda; **11** uNashon wa zala uSalma, uSalma wa zala uBohazi, **12** uBohazi wa zala uObede, uObede wa zala uJese; **13** uJese wa zala uEliyabe izibulo lake, uAbinadabe owesibili, uShimeha owesitatu, **14** uNetaneli owesine, uRadayi owesihlanu, **15** uOzem owesitupa, uDavida owesikombisa; **16** odade wabo uZeruya noAbigali. Amadodana ka Zeruya: uAbishayi, noJowabi, noAsaheli, matatu. **17** UAbigali wa zala uAmasa; uyise ka Amasa uJetere umIshmayeli.

18 UKalebi ka Hezeron wa zala abantwana ku Azuba umkake, na ku Jeriyoti; amadodana ake yilawa: uJeshere, noShobabi, noArdon. **19** Wa fa uAzuba, uKalebi wa tabata uEfrati, owa m zalela uHure. **20** UHure wa zala uUri, uUri wa zala uBezaleli.

21 Emva kwa loko uHezeron wa ya endodakazini ka Makiri uyise ka Giliyadi, owayitatayo e neminyaka e ngamashumi a isitupa; ya m zalela uSegubi. **22** USegubi wa zala uJahire, owa be nemizi e ngamashumi amabili nantatu ezweni la kwa Giliyadi. **23** UGeshuri noAram ba tabata ku bona imizi ka Jahire, neKenati nemizana yalo, imizi e ngamashumi a isitupa. Bonke laba ba be amadodana ka Makiri uyise ka Giliyadi. **24** Emva kwokufa ku ka Hezeron eKalebi-efrata, uAbija umka Hezeron wa m zalela uAshuri uyise ka Tekowa.

25 Amadodana ka Jerameli izibulo li ka Hezeron a be, uRam izibulo, noBuna, noOren, noOzem, noAhija. **26** UJerameli wa e nomfazi omunye, igama lake uAtara; yena wa e unina ka Onam. **27** Amadodana ka Ram izibulo li ka Jerameli: a be uMahazi, noJamin, noEkere. **28** Amadodana ka Onam a be uShamayi, noJada.

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izizukulwana zi ka Juda. Ezi ka Kalebi noDavida.

Amadodana ka Shamayi: uNadabe, noAbishure. **29** Igama lomka Abishure uAbihayili; wa m zalela uAban noMolidi. **30** Amadodana ka Nadabe: uSelede, noApayim; kepa wa fa uSelede e nge nabantwana. **31** Amadodana ka Apayim: uIshi. Amadodana ka Ishi: uSheshan. Amadodana ka Sheshan: uAlayi. **32** Amadodana ka Jada umfo wabo ka Shamayi: uJetere, noJonatan; uJetere wa fa e nge nabantwana. **33** Amadodana ka Jonatan: uPeleti, noZaza. Yilawa amadodana ka Jerameli. **34** Kepake uSheshan wa e nge namadodana, amadodakazi kupela. USheshan wa e nenceku, umuntu wa sEgipite, o gama lake nguJarha. **35** USheshan wa nika uJarha inceku yake indodakazi yake i be umkake: wa m zalela uAtayi. **36** UAtayi wa zala uNatan, uNatan wa zala uZabadi. **37** UZabadi wa zala uEfelali, uEfelali wa zala uObede. **38** UObede wa zala uJehu, uJehu wa zala uAzariya, **39** uAzariya wa zala uHeleze, uHeleze wa zala uElasa, **40** uElasa wa zala uSisamayi, uSisamayi wa zala uShalum, **41** uShalum wa zala uJekamiya, uJekamiya wa zala uElishama.

42 Amadodana ka Kalebi umfo wabo ka Jerameli a be uMesha izibulo lake, owa e uyise ka Zifi; namadodana ka Maresha uyise ka Hebron. **43** Amadodana ka Hebron: uKora, noTapua, noRekem, noShema. **44** UShema wa zala uRaham, uyise ka Jorkeham; uRekem wa zala uShamayi. **45** Indodana ka Shamayi ya i nguMahon; uMahon wa e uyise ka Bete-zuri. **46** UEfa, isancinza si ka Kalebi, wa zala uHaran, noMoza, noGazeze; uHaran wa zala uGazeze. **47** Amadodana ka Jadayi: uRegem, noJotam, noGeshan, noPelete, noEfa, noShahafe. **48** UMahaka, isancinza si ka Kalebi, wa zala uShebere noTirhana. **49** Wa zala noShahafe uyise ka Mademana, noSheva uyise ka Makebena, noyise ka Gibeha; indodakazi ka Kalebi ya i nguAkesa.

50 Yilawa amadodana ka Kalebi ka Huri, izibulo li ka Efrata: uShobali uyise ka Kiriyati-jeharim, **51** uSalema uyise ka Betelehem, uHarefe uyise ka Bete-gadere. **52** UShobali uyise ka Kiriyati-jeharim wa e namadodana: uHarowe, inxenye yaba seMenuhoti. **53** Imindeni ka Kiriyati-jeharim: ama-Itri, nama-Puti, namaShumati, namaMisherayi; kwa vela ku bona amaZorati nama-Eshtawoli. **54** Amadodana ka Salema: uBetelehem, namaNetofati, iAteroti-bete-jowabi, nenxenye yaba seManahati, amaZori. **55** Imindeni yababhali ab'ake eJabeze: amaTirati, amaShimehati, amaSukati. Yilawa amaKeni a vela ku Hamati uyise wendhlu ka Rekabi.

3 Yilawa amadodana ka Davida a zalwa uye eHebron: izibulo uAmnon, ku Ahinowam wa seJezereli; eyesibili uDaniyeli, ku Abigali wa seKarmeli; **2** eyesitatu uAbsalom indodana ka Mahaka indodakazi ka Talmayi inkosi ya seGeshuri; eyesine uAdonija indodana ka Hagiti; **3** eyesihlanu uShefatiya, ku Abitali; eyesitupa uItreyam, ku Egela umkake: **4** a isitupa a zalwa uye eHebron; wa busa kona iminyaka e isikombisa nezinyanga ezi isitupa. Wa busa eJerusalem iminyaka e ngamashumi amatatu nantatu; **5** laba ba zalwa uye eJerusalem: uShimeha, noShobabi, noNatan, noSolomon, bane ku Bate-shuwa indodakazi ka Amiyeli; **6** noIbehare, noElishama, noElifelete, **7** noNoga, noNefege, noJafiya, **8** noElishama, noEliyada, noElifelete, ba isishiyangalolunye. **9** Laba bonke ba be amadodana ka Davida, ngapandhle kwamadodana ezancinza; noTamare wa e ngudade wabo.

10 Indodana ka Solomon nguRehoboam, uAbija indodana yake, uAsa indodana yake, uJehoshafati indodana yake, **11** uJoram indodana yake, uAhaziya indodana yake, uJowashe indodana yake, **12** uAmaziya indodana yake, uAzariya indodana yake, uJotam indodana

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izizukulwana zi ka Juda noSimeon.

yake, 13 uAhazi indodana yake, uHezekiya indodana yake, uManase indodana yake, 14 uAmon indodana yake, uJosiya indodana yake. 15 Amadodana ka Josiya: izibulo u-Johanan, eyesibili uJehoyakim, eyesitatu uZedekiya, eyesine uShalum. 16 Amadodana ka Jehoyakim: u-Jekoniya indodana yake, uZedekiya indodana yake. 17 Amadodana ka Jekoniya, umtunjwa: uShehaltiyeli indodana yake, 18 noMalekiram, noPedaya, noShenazare, noJekamiya, noHoshama, noNedabiya. 19 Amadodana ka Pedaya: uZerubabeli, no-Shimehi. Amadodana ka Zerubabeli: uMeshulam, noHananiya; uShelomiti wa e ngudade wabo; 20 no-Hashuba, noOheli, noBerekiya, no-Hasadayi, noJushabi-hesede, a isihlanu. 21 Amadodana ka Hananiya: uPelatiya noJeshaya; amadodana ka Refaya, amadodana ka Arnan, amadodana ka Obadiya, amadodana ka Shekaniya. 22 Amadodana ka Shekaniya: uShemaya. Amadodana ka Shemaya: uHatushi, noIgali, no-Bariya, noNehariya, noShafati, a isitupa. 23 Amadodana ka Nehariya: uEliyohenayi, noHizikiya, noAzerikam, matatu. 24 Amadodana ka Eliyohenayi: uHodaviya, noEliyashibe, noPelaya, noAkubi, noJohanan, noDalaya, noAnani, a isikombisa.

4 Amadodana ka Juda: uPerezi, noHezeron, noKarmi, noHure, no-Shobali. 2 URehaya ka Shobali wa zala uJahati; uJahati wa zala u-Ahumayi noLahade. Yile imindeni yamaZorati. 3 Yilaba aba ka yise ka Etam: uJezereli, noIshma, noIdebashi; igama li ka dade wabo u-Hazeleleponi; 4 noPenuweli uyise ka Gedore, noEzere uyise ka Husha. Yilawa amadodana ka Hure, izibulo li ka Efrata, uyise ka Betelehem. 5 UAshuri uyise ka Tekowa wa e nabafazi ababili, uHela noNahara. 6 UNahára wa m zalela uAhuzam, no-Heferi, noTemeni, noHahashtari. Yilawa amadodana ka Nahara. 7 Amadodana ka Hela a be uZereti, no-Izhari, noEtenan. 8 UHakozi wa zala uAnubi, noZobeba, nemindeni ka Ahaheli ka Harum. 9 UJabeze wa e tuseka kunabafo wabo: unina wa m qamba igama ngokuti uJabeze, e ti, Ngokuba nga m zala kabuhlungu. 10 UJabeze wa teta uNkulunkulu ka Israeli, e ti, Sengati u nga ngi busisa ngezibusiso, wanule umkaulo wami, isandhla sako si be nami, u ngi vimbele ebubini, ukuba ngi ngehlelwa ubuhlungu! UNkulunkulu wa m enzela akucelayo. 11 UKelubi umfo wabo ka Shuha wa zala uMehiri, owa ba uyise ka Eshton. 12 UEshton wa zala uBete-rafa, noPaseha, noTehina uyise ka Ire-nahashi. Yilaba abantu ba ka Reka. 13 Amadodana ka Kenazi: uOteniyeli, noSeraya. Amadodana ka Oteniyeli: uHatati. 14 UMehonotayi wa zala uOfera: uSeraya wa zala uJowabi uyise ka Ge-harashim; ngoba ba be izinyanga zemisebenzi. 15 Amadodana ka Kalebi ka Jefune: uIru, noEla, no-Naham; namadodana ka Ela; no-Kenazi. 16 Amadodana ka Jehaleleli: uZifi, noZifa, noTiriya, noAsareli. 17 Amadodana ka Ezra: u-Jetere, noMerede, noEferi, noJalon; wa zala uMiriyam, noShamayi, no-Ishba uyise ka Eshtemowa. 18 Umkake umJudakazi wa zala uJerede uyise ka Gedore, noHebere uyise ka Soko, noJekutiyeli uyise ka Zanowa. Yilawa amadodana ka Bitiya indodakazi ka Faro, eya tatwa uMerede. 19 Amadodana omka Hodiya, udade wabo ka Naham, nguyise ka Kehila umGarmi, noEshtemowa umMahakati. 20 Amadodana ka Shimon: uAmnon, noRina, noBen-hanan, no-Tilon. Amadodana ka Ishi: u-Zoheti, noBen-zoheti. 21 Amadodana ka Shela ka Juda: uEre uyise ka Leka, noLahada uyise ka Maresha, nemindeni yendhlu yab'aluka ilineni elicolekileyo, bendhlu ka Ashbeya; 22 noJokim, nabantu ba se-Kozeba, noJowashe, noSarafi, aba be busa kwa Moabe, noJashubi-lehem. Eza sendulo lezi zindaba. 23 Laba kwa ku ababumbi, nabakileyo eNe-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izizukulwana za oSimeon noRuben noGadi.

tayim na seGedera: ba hlala kona nenkosi emsebenzini wayo.

24 Amadodana ka Simeon: uNemuweli, noJamin, noJaribe, noZera, noShaule, **25** uShalum indodana yake, uMibesam indodana yake, uMishma indodana yake. **26** Amadodana ka Mishma: uHamuweli indodana yake, uZakure indodana yake, uShimehi indodana yake. **27** UShimehi wa e namadodana a ishumi nesitupa namadodakazi a isitupa; kodwa abafo wabo a ba banga nabantwana abaningi, umndeni wa kubo wonke a wandanga njengaba kwa Juda. **28** Ba hlala eBeresheba, na seMolada, na seHazare-shaule, **29** na seBiliha, na seEzem, na seToladi, **30** na seBetuweli, na seHorma, na seZikelage, **31** na seBete-markaboti, na seHazare-susim, na seBete-biri, na se Shaharayim. Yile imizi yabo kwa ze kwa ba sekubuseni ku ka Davida. **32** Imizana yabo ya i iEtam, neAyin, neRimon, neToken, neAshan, imizi e isihlanu; **33** nayo yonke imizana e zungeze le mizi, ku ze ku be seBale. Lezi za zi izindawo zabo zokuhlala; ba nga landa umlibo wokuzalwa kwabo. **34** UMeshobabe, noJameleke, noJosha ka Amaziya, **35** noJoweli, noJehu ka Joshibiya, ka Seraya, ka Asiyeli, **36** noEliyohenayi, noJahakoba, noJeshohaya, noAsaya, noAdiyeli, noJesimiyeli, noBenaya, **37** uZiza ka Shifi, ka Alon, ka Jedaya, ka Shimri, ka Shemaya—**38** laba aba bizwa ngamagama abo ba be izikulu emindenini ya kubo: izindhlu za oyise z'anda kakulu. **39** Ba ya nga sekungeneni kweGedore, kwa za kwa ba nga sempumalanga nomhosha, be funela izimvu zabo idhlelo. **40** Ba fumana idhlelo elivundileyo elilungileyo, izwe la li banzi inxa zombili, li zolile, li cemezekile; ngoba aba be hlala kona kuqala ba be aba kwa Ham. **41** Laba aba bhalwe amagama ba fika ezinsukwini zi ka Hezekiya inkosi ya kwa Juda, ba cita amatente abo namaMehun a funyanwa kona, ba wa shaya ba wa bhuqa ku ze ku be namhla, ba hlala esikundhleni sawo; ngokuba kwa ku kona lapo idhlelo lezimvu zabo. **42** Abanye babo bamadodana ka Simeon, amadoda a ngamakulu a isihlanu, a ya entabeni iSehire, e nezinduna zawo uPelatiya, noNehariya, noRefaya, noUziyeli, amadodana ka Ishi. **43** Ba cita insali yama-Amaleki asindileyo, ba hlala kona ku ze ku be namhla.

5 Amadodana ka Ruben, izibulo li ka Israeli (ngokuba wa e izibulo; kepa ngokudumaza kwake ukuko lu ka yise ubuzibulo bake ba nikwa amadodana ka Josefa ka Israeli; umlibo wokuzalwa a u landwa ngokwobuzibulo. **2** Ngokuba uJuda wa ba namandhla kunabafo wabo, isikulu sa puma kuye; kodwa ubuzibulo ba ba obu ka Josefa), **3** amadodana ka Ruben izibulo li ka Israeli: uHanoki, noPalu, uHezeron, noKarmi. **4** Amadodana ka Joweli: uShemaya indodana yake, uGogi indodana yake, uShimehi indodana yake, **5** uMika indodana yake, uRehaya indodana yake, uBale indodana yake. **6** noBehera indodana yake, owa tunjwa uTigelati-pilenesere inkosi ya seAsiriya: lowo wa e isikulu samaRuben. **7** Abafo wabo ngemindeni yabo, nxa ku landwa umlibo wokuzalwa wezizukulwane zabo: uJehiyeli omkulu, noZekariya, **8** noBela ka Azazi, ka Shema, ka Joweli, owa be ake eArohere, kwa za kwa ba seNebo na seBale-mehon: **9** na sempumalanga w'aka kwa ze kwa ba sekungeneni kwehlane e sukela emfuleni uUfrate, ngokuba imfuyo yabo ya y'andile ezweni la kwa Giliyadi. **10** Ezinsukwini zi ka Saule ba lwa namaHagari, a wa ngesandhla sabo; ba hlala ematenteni awo ezweni lonke eli nga sempumalanga kwela kwa Giliyadi.

11 Amadodana ka Gadi a hlala malungana nabo, ezweni la seBashan kwa ze kwa ba seSaleka: **12** uJoweli omkulu, noShafam owesibili, noJanayi, noShafati eBashan. **13** Abafo wabo bezindhlu za oyise: uMikayeli, noMeshulam, noSheba, noJorayi, noJakan, noZiya, noEberi, ba isikombi-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

sa. 14 Yilawa amadodana ka Abihayili, ka Huri, ka Jarowa, ka Giliyadi, ka Mikayeli, ka Jeshishayi, ka Jado, ka Buze; 15 uAhi ka Abdiyeli, ka Guni, inhloko yezindhlu za oyise. 16 Ba hlala kwa Giliyadi eBashan, na semizaneni yalo, na semadhlelweni onke a seSharon, kwa ze kwa ba semikaulweni yawo. 17 Bonke laba ba bhalwa umlibo wokuzalwa ezinsukwini zi ka Jotam inkosi ya kwa Juda, na sezinsukwini zi ka Jeroboam inkosi ya kwa Israeli.

18 Amadodana ka Ruben, nama-Gadi, nenxenye yesizwe sa kwa Manase, amaqawe, abantu aba pata isihlangu nenkemba, aba goba umnsalo, aba funde ukulwa, a e izinkulungwane ezi ngamashumi amane nane namakulu a isikombisa namashumi a isitupa, aba nga puma impi. 19 Ba lwa namaHagari, noJeturi, noNafishi, noNodabe. 20 Ba sizwa ekulweni kwabo nawo, amaHagari a kashelwa esandhleni sabo, nabo bonke aba be nawo; ngokuba ba kala ku Nkulunkulu empini, wa ncengeka, ngokuba b'etemba kuye. 21 Ba tumba imfuyo yawo; amakamelo awo a izinkulungwane ezi ngamashumi a isihlanu, nezimvu izinkulungwane ezi ngamakulu amabili namashumi a isihlanu, nezimbongolo izinkulungwane ezimbili, nabantu izinkulungwane ezi ikulu. 22 Ngoba kwa wa abaningi be bulewe, ngokuba impi ya i nge ka Nkulunkulu. Ba hlala esikundhleni sabo ba ze ba tunjwa.

23 Abenxenye yesizwe sa kwa Manase ba hlala ezweni: b'anda ku suka eBashan kwa ze kwa ba se-Bale-hermon na seSenire na sentabeni iHermon. 24 Yilezi izinhloko zezindhlu za oyise: uEferi, noIshi, no-Eliyeli, noAzriyeli, noJeremiya, no-Hodaviya, noJadiyeli, abantu aba iziqwaga ezi ngamaqawe, abantu aba negama, izinhloko zezindhlu za oyise.

25 Ba pambuka ku Nkulunkulu wa oyise, ba feba ngokulandela onkulunkulu babantu bezwe, uNkulunkulu abashabalalisayo pambi kwabo. 26 UNkulunkulu ka Israeli wa vusa umoya ka Puli inkosi ya seAsiriya, nomoya ka Tigelati-pilenesere inkosi ya seAsiriya, wa ba tumba, amaRuben, namaGadi, nenxenye yesizwe sa kwa Manase, wa ba yisa eHala, na se-Habore, na seHara, na semfuleni wa seGozan, ku ze ku be namhla.

6 Amadodana ka Levi: uGershon, noKohati, noMerari. 2 Amadodana ka Kohati: uAmram, noIzhari, noHebron, noUziyeli. 3 Aba ka Amram: uAron, noMoses, no-Miriyam. Amadodana ka Aron: uNadabe, noAbihu, noElazare, no-Itamare. 4 UElazare wa zala u-Finehasi, uFinehasi wa zala uAbishuwa, 5 uAbishuwa wa zala uBuki, uBuki wa zala uUze, 6 uUze wa zala uZerahiya, uZerahiya wa zala u-Merayoti, 7 uMerayoti wa zala uAmariya, uAmariya wa zala uAhitubi, 8 uAhitubi wa zala uZadoki, uZadoki wa zala uAhimahazi, 9 uAhimahazi wa zala uAzariya, uAzariya wa zala uJohanan, 10 uJohanan wa zala uAzariya (uyena owa konza ebupristini endhlini ey'akiwa uSolomon eJerusalem), 11 uAzariya wa zala uAmariya, uAmariya wa zala u-Ahitubi, 12 uAhitubi wa zala uZadoki, uZadoki wa zala uShalum, 13 uShalum wa zala uHilekiya, uHilekiya wa zala uAzariya, 14 uAzariya wa zala uSeraya, uSeraya wa zala uJehozadake, 15 uJehozadake wa ya ekutunjweni, lapa uJehova e tumba uJuda neJerusalem ngesandhla si ka Nebukadenezare.

16 Amadodana ka Levi: uGershom, noKohati, noMerari. 17 Yilawa amagama amadodana ka Gershom: u-Libeni, noShimehi. 18 Amadodana ka Kohati: uAmram, noIzhari, no-Hebron, noUziyeli. 19 Amadodana ka Merari: uMali noMushi. Yile imindeni yabaLevi ngezindhlu za oyise. 20 Aba ka Gershom: u-Libeni indodana yake, uJahati indodana yake, uZima indodana yake, 21 uJowa indodana yake, uIdo indodana yake, uZera indodana yake,

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

uJehaterayi indodana yake. 22 Amadodana ka Kohati: uAminadabe indodana yake, uKora indodana yake, uAsire indodana yake, 23 uElkana indodana yake, noAbisafi indodana yake, noAsire indodana yake, 24 uTahati indodana yake, uUriyeli indodana yake, uUziya indodana yake, noShaule indodana yake. 25 Amadodana ka Elkana: uAmasayi, noAhimoti. 26 UElkana-ke, amadodana ka Elkana: uZofayi indodana yake, noNahati indodana yake, 27 uEliyabe indodana yake, uJeroham indodana yake, uElkana indodana yake. 28 Amadodana ka Samuweli: izibulo uJoweli, owesibili uAbija. 29 Amadodana ka Merari: uMali, uLibeni indodana yake, uShimehi indodana yake, uUza indodana yake, 30 uShimeha indodana yake, uHagiya indodana yake, uAsaya indodana yake.

31 Yilaba aba miswa uDavida ukuba ba pate inkonzo yokuhlabelela endhlini ka Jehova, emva kwokuba umpongolo u su hlezi. 32 Ba konza ngokuhlabelela pambi kwetabanekele letente lokuhlangana, uSolomon wa ze w'aka indhlu ka Jehova eJerusalem: b'ema ngokwesiko labo enkonzweni yabo. 33 Yilaba aba b'emi, namadodana abo: Ku madodana ama-Kohati: uHeman umhlabeleli, ka Joweli, ka Samuweli, 34 ka Elkana, ka Jeroham, ka Eliyeli, ka Towa, 35 ka Zufi, ka Elkana, ka Mahati, ka Amasayi, 36 ka Elkana, ka Joweli, ka Azariya, ka Zefaniya, 37 ka Tahati, ka Asire, ka Ebiyasafu, ka Kora, 38 ka Izhari, ka Kohati, ka Levi, ka Israeli. 39 Nomfo wabo uAsafu, ow'ema nga kwesokunene sake, u-Asafu ka Berakiya, ka Shimeha, 40 ka Mikayeli, ka Bahaseya, ka Malkija, 41 ka Eteni, ka Zera, ka Adaya, 42 ka Etan, ka Zima, ka Shimehi, 43 ka Jahati, ka Gershom, ka Levi. 44 Abafo wabo amadodana ka Merari nga kwesokohlo: uEtan, ka Kishi, ka Abedi, ka Maluki, 45 ka Hashabiya, ka Amaziya, ka Hilekiya, 46 ka Amzi, ka Bani, ka Shemere, 47 ka Mali, ka Mushi, ka Merari, ka Levi. 48 Abafo wabo abaLevi ba miselwa inkonzo yonke yetabanekele lendhlu ka Nkulunkulu.

49 Kepa uAron namadodana ake ba tunqisa pezu kwelati lomnikelo oshiswayo, na pezu kwelati lempepo, be ngabosemsebenzi wonke wendawo engcwelengcwele, nokuhlaulela uIsraeli, njengako konke uMoses inceku ka Nkulunkulu a be yale ngako. 50 Yilawa amadodana ka Aron: uElazare indodana yake, uFinehasi indodana yake, uAbishuwa indodana yake, 51 uBuki indodana yake, uUze indodana yake, uZerahiya indodana yake, 52 uMerayoti indodana yake, uAmariya indodana yake, uAhitubi indodana yake, 53 u-Zadoki indodana yake, uAhimahazi indodana yake.

54 Yilezi izindawo zawo zokuhlala njengezinqaba zawo emikaulweni yawo: amadodana ka Aron, emindenini yamaKohati (ngokuba inkato yokuqala ya i ngeyawo), 55 ba wa nika iHebron ezweni la kwa Juda, namadhlelo alo alizungezileyo; 56 kodwa amasimu omuzi, nemizana yawo, ba ku nika uKalebi ka Jefune. 57 Amadodana ka Aron ba wa nika imizi yokupepela, iHebron; neLibena namadhlelo alo, neJatire, neEshtemowa namadhlelo alo, 58 neHilen namadhlelo alo, neDebire namadhlelo alo, 59 neAshan namadhlelo alo, neBete-shemeshe namadhlelo alo; 60 na sesizweni sa kwa Benjamin, iGeba namadhlelo alo, neAlemete namadhlelo alo, neAnatoti namadhlelo alo. Imizi yonke yawo ngemindeni yawo ya i ishumi nantatu.

61 Amadodana ka Kohati aseleyo a nikwa ngenkato emndenini wesizwe, enxenyeni yesizwe, inxenye yesi ka Manase, imizi e ishumi. 62 Amadodana ka Gershom ngemindeni yawo, a nikwa esizweni sa kwa Isakare, na sesizweni sa kwa Asheri, na sesizweni sa kwa Nafetali, na sesizweni sa kwa Manase eBashan, imizi e ishumi nantatu. 63 Amadodana ka Merari a nikwa ngenkato, ngemindeni

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Imizi yabaLevi. Izizukulwana zi ka Isakare nezi ka Benjamin.

yawo, esizweni sa kwa Ruben, na sesizweni sa kwa Gadi, na sesizweni sa kwa Zebulun, imizi e ishumi nambili. **64** Aba kwa Israeli ba nika abaLevi imizi namadhlelo ayo. **65** Ba ba nika ngenkato le mizi e bizwa ngamagama esizweni saba kwa Juda, na sesizweni sa ba kwa Simeon, na sesizweni saba kwa Benjamin.

66 Abanye bemindeni yamadodana ka Kohati ba be nemizi yemikaulo yabo esizweni sa kwa Efrayim. **67** Ba ba nika imizi yokupepela, iShekem ezintabeni za kwa Efrayim namadhlelo alo; neGezere namadhlelo alo, **68** neJokemeam namadhlelo alo, neBete-horon namadhlelo alo, **69** neAjalon namadhlelo alo, neGati-rimon namadhlelo alo: **70** na senxenyeni yesizwe sa kwa Manase, iAneri namadhlelo alo, neBileham namadhlelo alo, i be eyabaseleyo bomndeni wamadodana ka Kohati. **71** Amadodana ka Gershom a nikwa emndenini wenxenye yesizwe sa kwa Manase, iGolan eBashan namadhlelo alo, neAshtaroti namadhlelo alo; **72** na sesizweni sa kwa Isakare, iKedeshe namadhlelo alo, neDaberati namadhlelo alo, **73** neRamoti namadhlelo alo, neAnem namadhlelo alo; **74** na sesizweni sa kwa Asheri, iMashali namadhlelo alo, neAbedon namadhlelo alo, **75** neHukoki namadhlelo alo, neRehobe namadhlelo alo; **76** na sesizweni sa kwa Nafetali, iKedeshe eGalile namadhlelo alo, neHamon namadhlelo alo, neKiriyatayim namadhlelo alo.

77 AbaLevi abaseleyo, amadodana ka Merari, ba nikwa esizweni sa kwa Zebulun, iRimono namadhlelo alo, neTabore namadhlelo alo; **78** ngapesheya kweJordan eJeriko, nga sempumalanga kweJordan, ba nikwa esizweni sa kwa Ruben, iBezere ehlane namadhlelo alo, neJaza namadhlelo alo, **79** neKedemoti namadhlelo alo, neMefati namadhlelo alo; **80** na sesizweni sa kwa Gadi, iRamoti kwa Giliyadi namadhlelo alo, neMahanayim namadhlelo alo, **81** neHeshbon namadhlelo alo, ne Jazere namadhlelo alo.

7 Ku madodana ka Isakare: uTola, noPuwa, noJashube, noShimron, mane. 2 Amadodana ka Tola : uUze, noRefaya, noJeriyeli, noJamayi, noIbesam, noShemuweli, izinhloko zezindhlu za oyise, oku ukuti zi ka Tola; iziqwaga ezi ngamaqawe ezizukulwaneni zabo: umumo wabo ezinsukwini zi ka Davida wa u izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nambili namakulu a isitupa. 3 Amadodana ka Uze: uIzerahiya. Amadodana ka Izerahiya: uMikayeli, noObadiya, noJoweli, noIshiya, a be isihlanu; izinhloko onkana. 4 Kanye nawo, ngezizukulwane zawo, ngezindhlu za oyise, kwa ku kona amaviyo empi yokulwa, aba izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu nesitupa; ngokuba ba be nabafazi namadodana amaningi. 5 Abafo wabo kuyo yonke imindeni ya kwa Isakare iziqwaga ezi ngamaqawe, ba be izinkulungwane ezi ngamashumi a isishiyangalombili nesikombisa, be bhalwa umlibo wokuzalwa kwabo be bonke.

6 Amadodana ka Benjamin: uBela, noBekeri, noJedihayeli, matatu. 7 Amadodana ka Bela: uEzebon, noUze, noUziyeli, noJerimoti, noIri, a isihlanu; izinhloko zezindhlu za oyise iziqwaga ezi ngamaqawe; ba bhalwa umlibo wokuzalwa kwabo be izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nambili namashumi amatatu nane. 8 Amadodana ka Bekeri: uZemira, noJowashe, noEliyezere noEliyohenayi, noOmri, noJeremoti, noAbija, noAnatoti, noAlemete. Bonke laba ba be amadodana ka Bekeri. 9 Ba bhalwa umlibo wokuzalwa kwabo, ngezizukulwane zabo, izinhloko zezindhlu za oyise, iziqwaga ezi ngamaqwe, ba be izinkulungwane ezi ngamashumi amabili namakulu amabili. 10 Amadodana ka Jedihayeli: uBilehan. Amadodana ka Bilehan: uJehushe, noBenjamin, noEhude, noKenahana, noZetan, noTarshishi, noAhishahare. 11 Bonke laba ba be amadodana ka Jedihayeli, ngokwezinhloko zezindhlu

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izizukulwana za oNafetali, noManase noEfrayim noAsheri.

za oyise, iziqwaga ezi ngamaqawe, izinkulungwane ezi ishumi nesikombisa namakulu amabili ezi nga puma impi zi yo kulwa. **12** UShupim futi, noHupim, amadodana ka Ire, noHushim, amadodana ka Ahere.

13 Amadodana ka Nafetali: uJaziyeli, noGuni, noJezere, noShalum, amadodana ka Biliha.

14 Amadodana ka Manase: uAsriyeli, owa zalwa isancinza sake umAramikazi; wa zala uMakiri uyise ka Giliyadi. **15** UMakiri wa tata umfazi koHupim noShupim; ogama li ka dade wabo la li nguMahaka; igama lowesibili la li nguZelofehadi: uZelofehadi wa e namadodakazi. **16** UMahaka umka Makiri wa zala indodana, wa yi ta igama ngokuti uPereshe; igama lomfo wabo la li uShereshe; amadodana ake a be nguUlam noRakem. **17** Amadodana ka Ulam: uBedan. Yilawa amadodana ka Giliyadi, ka Makiri, ka Manase. **18** Udade wabo uHamoleketi wa zala uIshodi, noAbiyezere, noMala. **19** Amadodana ka Shemida a be nguAhiyam, noShekem, noLikehi, noAniyam.

20 Amadodana ka Efrayim: uShutela, noBerede indodana yake, noTahati indodana yake, noEleyada indodana yake, noTahati indodana yake, **21** noZabadi indodana yake, noShutela indodana yake, noEzere noEladi, aba bulawa abantu ba seGati aba zalwa ku lelo zwe, ngokuba ba b'ehlele ukutabata imfuyo yabo. **22** UEfrayim uyise wa lila izinsuku eziningi, abafo wabo b'eza ukumkuza. **23** Wa ya ku mkake, wa kulelwa, wa zala indodana, wa yi ta igama ngokuti uBeriya, ngokuba kwa ku mi kabi endhlini yake. **24** Indodakazi yake ya i nguShera, ow'aka iBete-horon ela senzansi n'ela senhla, neUzen-shera. **25** URefa wa e indodana yake, noReshefi, noTela indodana yake, noTahan indodana yake, **26** uLadan indodana yake, uAmihudi indodana yake, uElishama indodana yake, **27** uNun indodana yake, uJoshua indodana yake.

28 Amafa abo nezindawo zabo zokuhlala kwa ku iBeteli nemizana yalo, na nga sempumalanga iNaharan, na nga sentshonalanga iGezere nemizana yalo; neShekem nemizana yalo ku ze ku be seAza nemizana yalo; **29** nga semikaulweni yaba kwa Manase, iBete-shehan nemizana yalo, iTanaki nemizana yalo, iMegido nemizana yalo, iDori nemizana yalo. Ku yona kwa hlala aba kwa Josefa ka Israeli.

30 Amadodana ka Asheri: uImna, noIshva, noIshvi, noBeriya, noSera udade wabo. **31** Amadodana ka Beriya: uHebere noMalkiyeli, o nguyise ka Birzayiti. **32** UHebere wa zala uJafelete, noShomere, noHotam, noShuwa udade wabo. **33** Amadodana ka Jafelete: uPasaki, noBimehali, noAshvati. Yilaba abantwana ba ka Jafelete. **34** Amadodana ka Shemere: uAhi, noRoga, noJehuba, noAram. **35** Amadodana ka Helem umfo wabo: uZofa, noImna, noSheleshe, noAmali. **36** Amadodana ka Zofa: uSuwa, noHarenefere, noShuwale, noBeri, noImra, **37** noBezere, noHodi, noShama, noShilisha, noItran, noBehera. **38** Amadodana ka Jetere: uJefune, noPisepa, noAra. **39** Amadodana ka Ula: uAra, noHaniyeli, noRiziya. **40** Laba bonke ba be ngaba kwa Asheri, izinhloko zezindhlu za oyise, iziqwaga ezi ngamaqawe ezihlungiweyo, izinhloko zezikulu. Umumo wabo, be bhalwa umlibo wokuzalwa kwabo ukuba ba lwe empini wa u izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nesitupa.

8 UBenjamin wa zala uBela izibulo lake, noAshbeli owesibili, noAhara owesitatu, **2** uNoha owesine, noRafa owesihlanu. **3** UBela wa e namadodana: uAdare, noGera, noAbihudi, **4** noAbishuwa, noNaman, noAhowa, **5** noGera, noShefufan, noHuram. **6** Yilawa amadodana ka Ehudi: yilaba aba izinhloko zezindhlu za oyise zabakileyo eGeba, ba ba tumbela eManahati: **7** noNaman, noAhija, noGera, owabatumbayo; wa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izizukulwana zi ka Benjamin.

zala uUza noAhihudi. **8** uShaharayim wa zala abantwana ezweni la kwa Moabe, e se ba mukisile uHushim noBahara abafazi bake. **9** Wa zala ku Hodeshe umkake uJobabe, noZibiya, noMesha, noMalikam, **10** noJehuze, noShakiya, noMirema. Yilawa amadodana ake, izinhloko zezindhlu za oyise. **11** Ku Hushim wa zala uAbitubi noElpahali. **12** Amadodana ka Elpahali: uEberi, noMisham, noShemede, ow'aka iOno neLodi, nemizana yayo; **13** noBeriya, noShema, aba be izinhloko zezindhlu za oyise zabakileyo eAjalon, aba xosha abakileyo eGati; **14** noAhiyo, noShashaki, noJeremoti, **15** noZebadiya, noAradi, noEdere, **16** noMikayeli, noIshpa, noJoha, amadodana ka Beriya, **17** noZebadiya, noMeshulam, noHizeki, noHebere, **18** noIshmerayi, noIzeliya, noJobabe, amadodana ka Elpahali, **19** noJakim, noZikri, noZabedi, **20** noElihenayi, noZiletayi, noEliyeli, **21** noAdaya, noBeraya, noShimrati, amadodana ka Shimehi, **22** noIshpan, noEberi, noEliyeli, **23** noAbedon, noZikri, noHanan, **24** noHananiya, noElam, noAntotija, **25** noIfediya, noPenuweli, amadodana ka Shashaki, **26** noShamesherayi, noShehariya, noAtaliya, **27** noJareshiya, noElija, noZikri, amadodana ka Jeroham. **28** Laba ba be izinhloko zezindhlu za oyise ngezizukulwane zabo, be izinhloko: laba ba hlala eJerusalem.

29 EGibeyon kwa hlala uyise ka Gibeyon, uJehiyeli ogama lomkake la li nguMahaka; **30** indodana yake yezibulo uAbedon, noZuri noKishe, noBale, noNadabe, **31** noGedore, noAhiyo, noZekere. **32** UMikeloti wa zala uShimeha. Nabo ba hlala nabafo wabo eJerusalem malungana nabafo wabo. **33** UNeri wa zala uKishe; uKishe wa zala uSaule; uSaule wa zala uJonatan, noMalkishuwa, noAbinadabe, noEshe-bale. **34** Indodana ka Jonatan kwa ku uMeri-bale; uMeri-bale wa zala uMika. **35** Amadodana ka Mika: uPiton, noMeleke, noTareya, noAhazi. **36** UAhazi wa zala uJehowada; uJehowada wa zala uAlemete, noAzemavete, noZimri; uZimri wa zala uMoza. **37** UMoza wa zala uBineha; uRafa wa e indodana yake, uElehasa indodana yake, uAzeli indodana yake. **38** UAzeli wa e namadodana a isitupa, amagama awo yilawa: uAzerikam, noBokeru, noIshmayeli, noShehariya, noObadiya, noHanan. Laba bonke ba be amadodana ka Azeli. **39** Amadodana ka Esheke umfo wabo: uUlam izibulo lake, uJewushe eyesibili, noElifelete eyesitatu. **40** Amadodana ka Ulam a be ngabantu aba iziqwaga ezi ngamaqawe, aba goba umnsalo, a e namadodana amaningi, namadodana amadodana, a be ikulu namashumi a isihlanu. Laba bonke ba be ngamadodana ka Benjamin.

9 UIsraeli wonke wa bhalwa ngomlibo wokuzalwa; bheka, ba lotshiwe encwadini yamakosi a kwa Israeli. UJuda wa tunjelwa eBabulon ngokupambuka kwake. **2** Abaqalayo ukwaka emafeni abo emizini yabo ba be uIsraeli, abapristi, nabaLevi, namaNetini. **3** EJerusalem kwa hlala laba kwaba kwa Juda, na kwaba kwa Benjamin, na kwaba kwa Efrayim noManase: **4** uUtayi ka Amihudi, ka Omri, ka Imri, ka Bani, kwaba kwa Perezi ka Juda. **5** Na ku maShiloni; uAsaya o izibulo, namadodana ake. **6** Ku madodana ka Zera: uJehuweli nabafo wabo, amakulu a isitupa namashumi a isishiyangalolunye. **7** Ku madodana ka Benjamin: uSalu ka Meshulam, ka Hodaviya, ka Hasenuwa, **8** noIbeneya ka Jeroham, noEla ka Uze, ka Mikri, noMeshulam ka Shefatiya, ka Rehuweli, ka Ibenija; **9** nabafo wabo ngezizukulwane zabo, amakulu a isishiyangalolunye namashumi a isihlanu nesitupa. Bonke laba bantu ba be izinhloko zezindhlu za oyise ngezindhlu za oyise.

10 Ku bapristi: uJedaya, noJehoyaribi, noJakin, **11** noAzariya ka Hilekiya, ka Meshulam, ka Zadoki,

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ka Merayoti, ka Ahitubi, umbusi wendhlu ka Nkulunkulu; 12 uAdaya ka Jeroham, ka Pashure, ka Malekija, noMasayi ka Adiyeli, ka Jazera, ka Meshulam, ka Meshilemiti, ka Imere; 13 nabafo wabo, izinhloko zezindhlu za oyise, inkulungwane namakulu a isikombisa namashumi a isitupa; amadoda a namasu emsebenzini wenkonzo yendhlu ka Nkunkulu.

14 Ku baLevi: uShemaya ka Hashubi, ka Azerikam, ka Hashabiya, ku madodana ka Merari; 15 noBakebakare, noHereshe, noGalali, noMataniya ka Mika, ka Zikri, ka Asafu, 16 noObadiya ka Shemaya, ka Galali, ka Jedutun, noBerekiya, ka Asa, ka Elkana, owa hlala emizaneni yamaNetofati.

17 Abalindimasango: uShalum, noAkubi, noTalemon, noAhiman, nabafo wabo (uShalum wa e inhloko), 18 aba be be sesangweni lenkosi nga sempumalanga kwa ze kwa ba ilesi sikati: ba be abalindimasango bekamu laba kwa Levi. 19 UShalum ka Kore, ka Ebiyasafu, ka Kora, nabafo wabo bendhlu ka yise, amaKora, ba be pete umsebenzi wenkonzo, abalindi beminyango yetente: oyise ba be pete ikamu li ka Jehova, be ngabalindi bendawo yokungena. 20 UFinehasi ka Elazare wa e umbusi pezu kwabo pambili, uJehova wa e naye. 21 UZekariya ka Meshelemiya wa e umlindisango womnyango wetente lokuhlangana. 22 Bonke laba aba be hlungwe ukuba ba be abalindimasango ba be ngamakulu amabili neshumi nambili. Laba ba bhalwa umlibo wokuzalwa kwabo emizaneni yabo, aba miswa uDavida noSamuweli umboni esikundhleni sabo esi ngesabatenjwayo. 23 Bona nabantwana babo ba be bonisa amasango endhlu ka Jehova, indhlu yetente, ngezigaba zokulinda. 24 Ezinhlangotini zone kwa ku kona abalindimasango, nga sempumalanga, nga sentshonalanga, nga senyakato, na nga seningizimu. 25 Abafo wabo aba be semizaneni yabo ba be miselwe ukuba ba ngene ngezinsuku ezi isikombisa izikati ngezikati kanye nabo: 26 ngokuba abalindimasango abane abakulu aba be ngabaLevi ba be sesikundhleni esi ngesabatenjwayo, be pete amakamelo nezindhlu zengcebo endhlini ka Nkulunkulu. 27 Ba be lala be zungeze indhlu ka Nkulunkulu, ngokuba be ku okwabo ukuyilonda; nokuyivula ekuseni imihla ngemihla.

28 Abatile kubo ba be pata impahla yokukonza; ngoba ya i balwa i ngeniswa, i balwe futi se i kishwa. 29 Nabanye kubo ba miselwa impahla, nezitsha zonke zendhlu engcwele, nempupu ecolekileyo, newayini, namafuta, nenhlaka, namaka. 30 Abanye ku madodana abapristi ba taka isitako samaka. 31 UMatitiya, omunye wabaLevi, izibulo li ka Shalum umKora, wa e sesikundhleni esi ngesabatenjwayo sokupata okwosiwa emiqengeleni. 32 Abanye ku bafo wabo kwaba kwa Kohati ba patiswa izinkwa zokubhekwa, ukuzilungisa isabata ngesabata.

33 Yilaba abahlabeleli, izinhloko zezindhlu za oyise zabaLevi, aba be hlala emakamelweni, be kululekile; ngokuba umsebenzi wa u pezu kwabo imini nobusuku. 34 Yilaboke aba be izinhloko zezindhlu za oyise zabaLevi ngezizukulwane zabo, be izinhloko: laba ba hlala eJerusalem.

35 EGibeyon kwa ku hlala uyise ka Gibeyon, uJehiyeli, ogama lomkake la li nguMahaka; 36 indodana yake yezibulo uAbedon, noZuri, noKishe, noBale, noNeri, noNadabe, 37 noGedore, noAhiyo, noZekariya, noMikeloti. 38 UMikeloti wa zala uShimeham. Nabo ba hlala nabafo wabo eJerusalem, malungana nabafo wabo. 39 UNeri wa zala uKishe; uKishe wa zala uSaule; uSaule wa zala uJonatan, noMalki-shuwa, noAbinadabe, noEshe-bale. 40 Indodana ka Jonatan kwa ku uMeribale; uMeri-bale wa zala uMika. 41 Amadodana ka Mika: uPiton, noMeleke, noTareya, noAhazi. 42 UAhazi wa zala uJara; uJara wa zala uAlemete, noAzemavete, noZimri:

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukufa ku ka Saule namadodana ake. UDavida u bekwa inkosi.

uZimri wa zala uMoza; 43 uMoza wa zala uBineha; uRefaya indodana yake, uElehasa indodana yake, uAzeli indodana yake. 44 UAzeli wa e namadodana a isitupa, amagama awo yilawa: uAzerikam, noBokeru, noIshmayeli, noShehariya, noObadiya, noHanan: laba ba be ngamadodana ka Azeli.

10 AmaFilisti a lwa noIsraeli: amadoda a kwa Israeli a baleka pambi kwamaFilisti, a wa e bulewe entabeni iGilebowa. 2 AmaFilisti a m joka uSaule namadodana ake; amaFilisti a bulala uJonatan, noAbinadabe noMalki-shuwa, amadodana ka Saule. 3 Impi ya ba nzima nga ku Saule, abacibisheli ba m fica; wa qaqazela ngenxa yabacibisheli. 4 Wa s'e ti uSaule odibini lwezikali zake, Hosha inkemba yako, u ngi bokode ngayo, funa ku fike laba aba nga sokile ba dhlale ngami. Kodwa udibi lwezikali zake a lu vumanga; ngokuba lwa lw'esaba kakulu. Ngakoke uSaule wa tata inkemba yake, wa wela pezu kwayo. 5 Lwa ti udibi lwezikali zake ukubona ukuti uSaule u file, lwa se lu wa nalo pezu kwenkemba yalo, lwa fa. 6 Wa fa ke uSaule, namadodana ake amatatu; nendhlu yonke yake ya fa kanyekanye.

7 A ti amadoda onke a kwa Israeli a be sesigodini ukubona ukuti ba balekile, nokuti uSaule namadodana ake ba file, a shiya imizi yawo, a baleka; amaFilisti a fika a hlala kuyo. 8 Kwa ti nga ngomso, lapo amaFilisti e za kohlubula ababuleweyo, a fumana uSaule namadodana ake be wile entabeni iGilebowa. 9 A m hlubula, a tabata ikanda lake, nezikali zake, a tuma ezweni lamaFilisti inxa zonke, ukumemezela ezitombeni zawo na ku bantu. 10 A beka izikali zake endhlini ya onkulunkulu bawo, a betela inhloko yake endhlini ka Dagon. 11 Ba ti aba seJabeshegiliyadi bonke ukuzwa konke amaFilisti a be kwenzile ku Saule, 12 kwa suka onke amaqawe, a susa isidumbu si ka Saule nezidumbu zamadodana ake, a zi yisa eJabeshe, ambela amatambo abo pansi kwomoki eJabeshe, a zila ukudhla izinsuku ezi isikombisa.

13 Wa fa-ke uSaule ngenxa yokupambuka kwake a pambuka ngako ku Jehova, ngenxa yezwi li ka Jehova, a nga li gcinanga; na ngokuba wa ya kobhula ko nomlozikazana, ukuba a buze ngawo, 14 a ka buzanga ku Jehova: wa m bulalake, wa guqulela umbuso ku Davida ka Jese.

11 UIsraeli wonke wa s'e qoqana ku Davida eHebron, e ti, Bheka, si itambo lako nenyama yako. 2 Ngesikati esi pambili, uSaule e se inkosi, nguwe owa u kipa u ngenise uIsraeli: uJehova uNkulunkulu wako wa ti kuwe, Wena u ya kwalusa abantu bami uIsraeli, u be isikulu ku bantu bami uIsraeli. 3 A fikake onke amalunga a kwa Israeli enkosini eHebron; uDavida w'enza isivumelwano nawo eHebron pambi ku ka Jehova; a m gcoba uDavida a be inkosi kwa Israeli, njengelizwi li ka Jehova ngoSamuweli.

4 UDavida noIsraeli wonke ba ya eJerusalem (eli iJebusi); amaJebusi, abaki ba lelo zwe, a be kona. 5 Abakileyo eJebusi ba ti ku Davida, A u soze wa ngena lapa. Noko uDavida wa tata inqaba yeZiyon; elona li ngumuzi ka Davida. 6 UDavida wa ti, O ya kucita amaJebusi kuqala u ya kuba inhloko nenduna. Wa s'enyuka uJowabi ka Zeruya kuqala, wa ba inhloko. 7 UDavida wa hlala enqabeni; ngakoke ya tiwa umuzi ka Davida. 8 W'aka umuzi inxa zonke, ku suka eMilo ku ya inxa zonke; uJowabi wa vusa okuseleyo kwomuzi. 9 UDavida wa ya ngokuya ukukula; ngoba uJehova wamabandhla wa ba naye.

10 Yilezi izinhloko zeziqwaga a e nazo uDavida ezema naye ngokuqinisekileyo embusweni wake, zi noIsraeli wonke ukuba a bekwe inkosi, njengezwi li ka Jehova ngoIsraeli. 11 Yilo umumo weziqwaga a e nazo uDavida: uJashobeham indodana yomHakemon, inhloko yamashumi ama-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amaqawe ka Davida nezenzo zawo.

tatu; wa pakamisa umkonto wake kwaba ngamakulu amatatu, wa ba bulala ngenkati inye. **12** Emva kwake nguElazare ka Dodo, umAhohi, omunye wabatatu aba iziqwaga. **13** Wa e noDavida ePasedamim; amaFilisti a butanela kona ukulwa, lapo kwa ku kona isiqepu sezwe esi gcwele ibarle; abantu ba baleka pambi kwamaFilisti. **14** B'ema pakati kwesiqepu, ba si vikela, ba wa bulala amaFilisti; uJehova wa ba sindisa ngokunqoba okukulu.

15 Abatatu kwaba ngamashumi amatatu aba izinhloko b'ehlela ku Davida etsheni, emhumeni wa seAdulam; impi yamaFilisti ya i ngenise esigodini samaRefa. **16** UDavida wa e se senqabeni, amaFilisti a e sekandeni eBetelehem. **17** UDavida wa nxanela, wa ti, Au, sengati ngi nga puziswa amanzi omtombo wa seBetelehem o nga sesangweni! **18** Laba batatu ba fuzula ekamu lamaFilisti, b'aka amanzi emtonjeni wa seBetelehem owa u nga sesangweni, ba wa twala ba wa leta ku Davida: kepa uDavida a ka vumunga ukuwapuza, wa wa tululela ku Jehova, **19** wa ti, A ku be kude kimi Nkulunkulu wami, ukuba ng'enze loku: ngi puze igazi la laba bantu aba zidel'amatambo na? ngokuba ba wa lete ngokuzidel' amatambo. A ka vumangake ukuwapuza. Lezi zinto z'enziwa ilezo ziqwaga ezintatu.

20 UAbishayi umfo wabo ka Jowabi wa e inhloko ku laba batatu; ngoba wa pakamisa umkonto wake kwaba ngamakulu amatatu, wa ba bulala, wa ba negama pakati kwa labo batatu. **21** Ku labo batatu wa e tusekile kunababili, w'enziwa indu na yabo: noko ka finyelelanga kwabatatu bokuqala.

22 UBenaya ka Jehoyada, indodana yomuntu o iqawe wa seKabezeli, owa enze imisebenzi emikulu, wa bulala amadodana amabili ka Ariyeli wa kwa Moabe: w'ehla futi wa bulala ingonyama pakati kwomgodi ngesikati si ka ngqoqwane. **23** Wa bulala umuntu wa sEgipite, umuntu ojaheleyo, o bude bake ba bu izingalo ezi isihlanu; kwa ku kona esandhleni sowa sEgipite umkonto o ngangomqadi wabaluki; w'ehlela kuye e pete induku, wa hlwita umkonto esandhleni sowa sEgipite, wa m bulala ngomkonto wake. **24** Lezi zinto z'enziwa uBenaya ka Jehoyada, wa ba negama pakati kweziqwaga ezintatu. **25** Bheka, wa e tuseka kunaba ngamashumi amatatu, kodwa ka finyelelanga kwabatatu bokuqala: uDavida wa m misa ukuba a pate abalindi bake.

26 Neziqwaga zempi: uAsaheli umfo wabo ka Jowabi, uElhanan ka Dodo wa seBetelehem, **27** uShamoti wa seHarore, uHeleze wa sePelon, **28** uIra ka Ikeshe wa seTekowa, uAbiyezere wa seAnatoti, **29** uSibekayi wa seHushati, uIlayi umAhohi, **30** uMaharayi umNetofati, uHelede ka Bahana umNetofati, **31** uItayi ka Ribayi wa seGibeha laba kwa Benjamin, uBenaya wa sePiraton, **32** uHurayi wa semifulaneni ya seGahashe, uAbiyeli wa seAraba, **33** uAzemavete wa seBaharum, uEliyaba wa seShahalebon, **34** amadodana ka Hashem wa seGizon, uJonatan ka Shage wa seHarari, **35** uAhiyam ka Sakare wa seHarari, uElifali ka Ure, **36** uHeferi wa seMekera, uAhija wa sePelon, **37** uHezero wa seKarmeli, uNaharayi ka Ezebayi, **38** uJoweli umfo wabo ka Natan, uMibehare ka Hagri, **39** uZeleke umAmon, uNaharayi wa seBeroti, udibi lwezikali zi ka Jowabi ka Zeruya, **40** uIra umItri, uGarebe umItri, **41** uUriya umHiti, uZabadi ka Alayi, **42** uAdina ka Shiza umRuben, inhloko yamaRuben, e naba ngamashumi amatatu, **43** uHanan ka Mahaka, uJehoshafati umMiteni, **44** uUziya wa seAshterati, uShama noJehiyeli amadodana ka Hotam wa seArohere, **45** uJedihayeli ka Shimri, noJoha umfo wabo umTizi, **46** uEliyeli umMahavi, noJeriba yi, noJoshaviya,

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izihlobo zi ka Davida nabamsekelayo.

amadodana ka Elnaham, noItema umMoabe, 47 uEliyeli, noObede, noJahasiyeli umMezobi.

12 Yilaba aba ya ku Davida eZikelage, e sa gogobele ngenxa ka Saule ka Kishe ba be pakati kweziqwaga, abasizi bake empini. 2 Ba be hlomile iminsalo, be sebenzisa esokunene nesokohlo ekuponseni amatshe na sekunsaleni imicibisholo: ba be abafo wabo ka Saule wa kwa Benjamin. 3 O inhloko wa e nguAhiyezere, kwa se ku ba uJowashe, amadodana ka Shemaha wa seGibeha, noJeziyeli, noPelete, amadodana ka Azemavete, noBeraka, noJehu wa seAnatoti, 4 noIshmaya wa seGibeyon, isiqwaga pakati kwaba ngamashumi amatatu, e pete amashumi amatatu, noJeremiya, noJahaziyeli, noJohanan, noJozabadi wa seGedera, 5 uEluzayi, noJerimoti, noBehaliya, noShemariya noShefatiya umHarufi, 6 uElkana, noIshiya, noAzareli, noJohezere, noJashobeham, amaKora, 7 noJowela, noZebadiya, amadodana ka Jeroham wa seGedore.

8 Ku maGadi kwa qembukela ku Davida enqabeni ehlane iziqwaga ezi ngamaqawe, amadoda a fundiswe ukulwa, a kwazi ukupata isihlangu nomkonto; a buso bawo ba bu njengobuso bezingonyama, a nejubane njengezinsepe ezintabeni: 9 uEzere inhloko, uObadiya owesibili, uEliyabe owesitatu, 10 uMishemana owesine, uJeremiya owesihlanu, 11 uAtayi owesitupa, uEliyeli owesikombisa, 12 uJohanan owesishiyangalombili, uElezabadi owesishiyangalolunye, 13 uJeremiya oweshumi, uMakebanayi oweshumi nanye. 14 Lawa ku madodana ka Gadi a be izinduna zempi: encinyane kuwo ya lingana nekulu, enkulu ya lingana nenkulungwane. 15 Yilaba aba wela iJordan ngenyanga yokuqala, li gcwele li pupuma ezindongeni zonke zalo; ba xosha bonke aba sezigodini, nga sempumalanga na nga sentshonalanga.

16 Kwa ya abanye kwaba ka Benjamin noJuda ku Davida enqabeni. 17 Wa pumake uDavida wa ba hlangabeza, wa pendula, wa ti kubo, Uma ni ze ngokutula ukungisiza, inhliziyo yami i ya kubanye neyenu; kodwa uma ni ze ukungikapela kwabayimpi kimi, loku a buko ubudhlova ezandhleni zami, uNkulunkulu wa obaba ma ka ku bheke loku, a ku sole. 18 UMoya wa se u m mboza uAmasayi, owa e inhloko yaba ngamashumi amatatu, wa ti, Si ngabako, Davida, si nga kuwe, ndodana ka Jese: ukutula, ukutula ma ku be kuwe, ukutula ma ku be ku basizi bako; ngokuba uNkulunkulu wako u ya ku siza. Wa s'e b'amkela uDavida, wa b'enza izinhloko zamaviyo.

19 Na kwaba kwa Manase kwa hlubukela abanye ku Davida ekufikeni kwake namaFilisti be hlasela uSaule ekulweni: kodwa a ba wa sizanga; ngokuba amakosi amaFilisti e se lulekene a m mukisa, a ti, U za kuhlubukela enkosini yake uSaule ngamakanda etu. 20 Ekuyeni kwake eZikelage kwa hlubukela kuye kwaba kwa Manase, uAdena, noJozabadi, noJedihayeli, noMikayeli, noJozabadi, noElihu, noZiletayi, izinhloko zezinkulungwane eza zi ezaba kwa Manase. 21 Ba m siza uDavida ukulwa neviyo lezigcwelegcwele: ba be iziqwaga ezi ngamaqawe bonkana, ba be izinduna zempi. 22 Ngoba kwa fika imihla ngemihla ku Davida abokumsiza, kwa ze kwa ba impi enkulu kuhle kwempi ka Nkulunkulu.

23 Yilo umumo wezinhloko zaba be hlomele impi, ab'eza ku Davida eHebron, ukuba ba guqulele umbuso ka Saule kuye, njengezwi li ka Jehova. 24 Aba kwa Juda aba be pata isihlangu nomkonto be hlomele impi, ba be izinkulungwane ezi isitupa namakulu a isishiyangalombili. 25 Kwaba kwa Simeon, iziqwaga ezi ngamaqawe okulwa, izinkulungwane ezi isikombisa nekulu. 26 Kwaba kwa Levi izinkulungwane ezine namakulu a isitupa. 27 UJehoyada wa e ngumholi wendhlu ka Aron;

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kwa ku kona naye izinkulungwane ezintatu namakulu a isikombisa; 28 noZadoki, insizwa e isiqwaga esi iqawe, e nabendhlu ka yise izinduna ezi ngamashumi amabili nambili. 29 Na kwaba kwa Benjamin, abafo wabo ba ka Saule, izinkulungwane ezintatu: ngokuba kwa za kwa ba ileso sikati inxenye enkulu yabo ya i sa ncike endhlini ka Saule. 30 Na kwaba kwa Efrayim izinkulungwane ezi ngamashumi amabili namakulu a isishiyangalombili, iziqwaga ezi ngamaqawe, abantu aba namagama ezindhlini za oyise. 31 Na senxenyeni yesizwe sa kwa Manase izinkulungwane ezi ishumi nesishiyangalombili, aba patwa ngamagama, ukuza kobeka uDavida a be inkosi. 32 Kwaba kwa Isakare abaziyo ukuqonda izikati, ukwazi oku fanele ukwenziwa uIsraeli, izinhloko zabo za zi ngamakulu amabili; abafo wabo bonke ba b'enza njengezwi labo. 33 Kwaba kwa Zebulun, aba nga puma impi, aba nga hlelwa empini, be nezikali zonke zempi, aba izinkulungwane ezi ngamashumi a isihlanu, abangapakwayo, be nge sibo abanhliziyo mbili. 34 Na ku Nafetali izinduna ezi inkulungwane zi naba izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu nesikombisa, be nesihlangu nomkonto. 35 Na ku maDan aba nga hlelwa empini, izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nesishiyangalombili namakulu a isitupa. 36 Na ku Asheri, aba nga puma impi, aba nga hlelwa empini, aba izinkulungwane ezi ngamashumi amane. 37 Ngapesheya kweJordan ku maRuben, na ku maGadi, na senxenyeni yesizwe sa kwa Manase, be nezikali zonke zokulwa empini, izinkulungwane ezi ikulu namashumi amabili.

38 Bonke laba, be amadoda okulwa a nga pakwa a be izinhla, ba fika eHebron ngenhliziyo epeleleyo, ukuba ba beke uDavida a be inkosi kwa Israeli wonke: nabo bonke abaseleyo kwa Israeli ba be nhliziyonye ukubeka uDavida a be inkosi. 39 Ba be lapo kanye noDavida izinsuku ezintatu, be dhla be puza; ngokuba abafo wabo ba be ba lungisele. 40 Futi aba be seduze nabo kwa ze kwa ba kwa Isakare na kwa Zebulun na kwa Nafetali, ba leta izinkwa ngezimbongolwana, na ngamakamelo, na ngezimbongolo, na ngezinkabi, nokudhla kwempupu, izigaxa zamakiwane, nezihleke zamavini omileyo, newayini, namafuta, nezinkabi, nezimvu eziningi: ngokuba kwa ku kona ukutokoza kwa Israeli.

13 UDavida wa lulekana nezinduna zezinkulungwane nezamakulu, nabaholi bonke. 2 UDavida wa ti kuwo wonke umbutano wa kwa Israeli, Uma ku kuhle kini, uma ku vela ku Jehova uNkulunkulu wetu, ma si tumele indawo zonke ku bafo wetu abaseleyo ezweni lonke la kwa Israeli, abapristi nabaLevi aba nabo emizini yabo e namadhlelo, ukuba ba butanele kitina; 3 si buyisele kitina umpongolo ka Nkulunkulu wetu: ngokuba a si buzanga kuwo ezinsukwini zi ka Saule. 4 Umbutano wonke wa ti u zo kwenze njalo; ngokuba leyo nto ya i te ntse emehlweni abantu bonke. 5 UDavida wa buta uIsraeli wonke ku suka eShihore la sEgipite kwa za kwa ba sekungeneni kweHamati, ukuba ku landwe umpongolo ka Nkulunkulu eKiriyati-jeharim. 6 W'enyukake uDavida noIsraeli wonke, ba ya eBahala, oku ukuti eKiriyati-jeharim la kwa Juda, ukwenyusa kona umpongolo ka Nkulunkulu uJehova o hlala pezu kwamaKerubi, o bizwa ngeGama. 7 Ba kwelisa umpongolo ka Nkulunkulu engqukumbaneni entsha, ba wu kipa endhlini ka Abinadabe: uUza noAhiyo ba shayela ingqukumbane leyo. 8 UDavida noIsraeli wonke ba dhlala pambi ku ka Jehova ngamandhla abo onke, ngezingoma, na ngezinkoka, na ngezingubu, na ngezigubu, na ngezikencezo, na ngamacilongo.

9 Se be fikile esibuyeni si ka Kidon, uUza wa yisa isandhla sake ukubamba umpongolo; ngokuba izinkabi zi kubeka. 10 Ulaka lu ka Jehova

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukufa ku ka Uza. Umuzi ka Davida. U lwa namaFilisti.

lwa se lu m vutela uUza, wa m shaya, ngokuba wa yisa isandhla sake empongolweni; wa fa konalapo pambi ku ka Nkulunkulu. **11** UDavida wa kwantabala, ngokuba uJehova wa dumela uUza: wa qamba leyo ndawo ngokuti iPerezi-Uza ku ze ku be namhlanje. **12** UDavida wa m esaba uNkulunkulu nga lolo suku, e ti, Ngi za kuleta kanjani umpongolo ka Nkulunkulu kimi na? **13** UDavida a ka wu susangake umpongolo ukuba u ze kuye emzini ka Davida, kodwa wa wu cezukisela endhlini ka Obede-edom umGiti. **14** Umpongolo ka Nkulunkulu wa hlala nabendhlu ka Obede-edom endhlini yake izinyanga ezintatu: uJehova wa busisa indhlu ka Obede-edom, nako konke a nako.

14 UHiram inkosi ya seTire wa tuma izigijimi ku Davida nemisedare, nababazi bamatshe, nababazi bemiti, ukumakela indhlu. **2** UDavida wa bona ukuba uJehova u m zinzisile a be inkosi kwa Israeli; ngokuba umbuso wake wa pakanyiselwa pezulu, ngenxa yabantu bake uIsraeli.

3 UDavida wa tata futi abanye abafazi eJerusalem; uDavida wa zala amanye amadodana namadodakazi. **4** Yilawa amagama abantwana bake abazalayo eJerusalem: uShamuwa, noShobabi, noNatan, noSolomon, **5** noIbehare, noElishuwa, noElipelete, **6** noNoga, noNefege, noJafiya, **7** noElishama, noBeliyada, noElifelete.

8 A ti amaFilisti ukuzwa ukuba uDavida u gcotshiwe a be inkosi kwa Israeli wonke, onke amaFilisti enyuka ukufuna uDavida: uDavida w'ezwa loko, wa puma ukuwahlasela. **9** AmaFilisti a e zile a ngenela isigodi samaRefa. **10** UDavida wa buza ku Nkulunkulu wa ti, Ng'enyuke ngi hlasele amaFilisti na? u ya kuwakapela esandhleni sami na? Wa ti ke uJehova kuye, Yenyuka; ngokuba ngi za kuwakapela esandhleni sako. **11** B'enyukela eBale-perazim, uDavida wa wa cita kona; wa ti uDavida, UNkulunkulu u fohlile eziteni zami ngesandhla sami, njengokufohla kwamanzi. Ba qamba igama la leyo ndawo ngokuti iBale-perazim. **12** A shiya kona onkulunkulu bawo; uDavida wa yala, ba shiswa ngomlilo.

13 AmaFilisti a buya a ngenela futi isigodi. **14** UDavida wa buza futi ku Nkulunkulu; wa ti uNkulunkulu kuye, U ng'enyuki u wa landele: wa gwegwesele, u wa velele malungana nemijingijolo. **15** Ko ti nxa u su zwa umsindo waba hamba isiceme ezihlokweni zemijingijolo u su hle u pume u lwe; ngokuba uNkulunkulu u se pume ngapambi kwako ukuba a cite impi yamaFilisti. **16** W'enzake uDavida njengokuyalwa kwake uNkulunkulu: ba cita impi yamaFilisti ku suka eGibeyon ku ze ku be seGezere. **17** Igama li ka Davida la pumela emazweni onke; uJehova wa faka uvalo ngaye ezizweni zonke.

15 UDavida wa z'enzela izindhlu emzini ka Davida; wa lungisela umpongolo ka Nkulunkulu indawo, wa wu misela itente. **2** Wa s'e ti uDavida, Umpongolo ka Nkulunkulu nga u nga twalwa muntu kupela abaLevi: ngokuba uJehova u kete bona ukutwala umpongolo ka Nkulunkulu, nokumkonza ku ze ku be nini. **3** UDavida wa butela uIsraeli wonke eJerusalem ukwenyusela umpongolo ka Jehova endaweni yawo, a be yi lungisele wona. **4** UDavida wa buta amadodana ka Aron naba-Levi: **5** ku madodana ka Kohati, wa tata uUriyeli isikulu, nabafo wabo be ikulu namashumi amabili; **6** ku madodana ka Merari, uAsaya isikulu, nabafo wabo be ngamakulu amabili namashumi amabili; **7** ku madodana ka Gershom, uJoweli isikulu, nabafo wabo be ikulu namashumi amatatu; **8** ku madodana ka Elizafan, uShemiya isikulu, nabafo wabo be ngamakulu amabili; **9** ku madodana ka Hebron, uEliyeli isikulu, nabafo wabo be ngamashumi a isishiyangalombili; **10** ku madodana ka Uziyeli, uAminadabe isikulu, nabafo wabo be ikulu neshumi nambili.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umpongolo u yiswa eJerusalem, ku hlatshelelwa, ku dunyiswa.

11 UDavida wa biza uZadoki no-Abiyatare abapristi, nabaLevi, u-Uriyeli, noAsaya, noJoweli, noShemaya, noEliyeli, noAminadabe, 12 wa ti kubo, Nina, ni izinhloko zezindhlu za oyise zabaLevi: zingcweliseni, nina nabafo wenu, ukuba n'enyusele umpongolo ka Jehova, u-Nkulunkulu ka Israeli, endaweni engi wu lungisele yona. 13 Ku ngoba ni nga wu twalanga kuqala ukuba u-Jehova uNkulunkulu wetu wa fohla kitina, ngokuba si nga m funanga njengesiko. 14 Abapristi nabaLevi ba zingcwelisake ukuba b'enyuse umpongolo ka Jehova, uNkulunkulu ka Israeli. 15 Aba kwa Levi ba twala umpongolo ka Nkulunkulu emahlombe abo ngezinti zawo njengaloku uMoses a yala ngako ngezwi li ka Jehova.

16 UDavida wa kuluma ezikulwini zabaLevi, ukuba zi mise abafo wabo abahlabeleli, be nezinto zokuvuma, izingubu nezinkoka nezikencezo, be kalisa kakulu be kamluka ngokutokoza. 17 AbaLevi ba misa uHeman ka Joweli; na ku bafo wabo uAsafu ka Berekiya; na ku madodana ka Merari abafo wabo, uEtan ka Kushaya; 18 be nabafo wabo besigaba sesibili, uZekariya, uBen, noJahaziyeli, noShemiramoti, noJehiyeli, noUni, uEliyabe, noBenaya, noMahaseya, noMatitiya, noElifelehu, noMikeneya, noObede-edom, no-Jehiyeli abalindimasango. 19 Abahlabeleli, uHeman, noAsafu, noEtan, ba miswake be nezikencezo zetusi zokukalisa kakulu; 20 noZekariya, no-Aziyeli, noShemiramoti, noJehiyeli, noUni, noEliyabe, noMahaseya, no-Benaya, be nezingubu zi lungiselwa iAlamoti; 21 noMatitiya, noElifelehu, noMikeneya, noObede-edom, noJehiyeli, noAzaziya, be nezinkoka ezi lungiselwa iSheminiti; ba be abahlonzi. 22 UKenaniya isikulu saba-Levi wa e pete ukuhlabelela: wa fundisa ukuhlabelela, ngokuba wa e igagu. 23 UBerekiya noElkana ba be abalindimasango kuwo umpongolo. 24 UShebaniya, noJehoshafati, no-Netaneli, noAmasayi, noZekariya, no-Benaya, noEliyezere, abapristi, ba shaya amacilongo pambi kwompongolo ka Nkulunkulu; uObede-edom no-Jehiya ba be abalindimasango kuwo umpongolo.

25 UDavida, namalunga a kwa Israeli, nezinduna zezinkulungwane, ba ya ke ukwenyusa umpongolo wesivumelwano si ka Jehova endhlini ka Obede-edom ngokutokoza. 26 Kwa t'uba uNkulunkulu a size abaLevi aba twala umpongolo wesivumelwano si ka Jehova, ba hlaba amaduna a isikombisa nezinqama ezi isikombisa. 27 UDavida wa e gqoke ingubo yelineni elicolekileyo, nabaLevi bonke aba be twele umpongolo, nabahlabeleli, no-Kenaniya isikulu esi pete ukuhlabelela, nabahlabeleli: uDavida wa e bince iefodi lelineni. 28 UIsraeli wonke w'enyusa umpongolo wesivumelwano si ka Jehova ngokuhlokoma, na ngokukala kwemitshingo, na ngamacilongo, na ngezikencezo, be kalisa kakulu izingubu nezinkoka.

29 Kwa t'uba u ngene umpongolo wesivumelwano si ka Jehova emzini ka Davida, uMikali indodakazi ka Saule wa lunguza esibukweni, wa bona inkosi uDavida i gida i dhlala; wa yi delela enhliziyweni yake.

16 Ba ngenisa umpongolo ka Nkulunkulu, ba wu beka pakati netente uDavida a e li misele wona: ba nikela iminikelo eshiswayo neminikelo yokutula pambi ku ka Nkulunkulu. 2 UDavida e se qedile ukunikela umnikelo oshiswayo neminikelo yokutula, wa busisa abantu egameni li ka Jehova. 3 W'abela wonke umuntu wa kwa Israeli, owesilisa nowesifazana, ilowo isinkwa sa ba sinye, nesicubi senyama, nesicaba samavini omileyo.

4 Wa misa abaLevi abatile ukukonza pambi kwompongolo ka Jehova, ukuba ba kumbuze ba bonge ba dumise uJehova, uNkulunkulu ka Israeli: 5 uAsafu inhloko, abesibili kuye uZekariya, uJehiyeli, noShemiramoti, noJehiyeli, noMatitiya, no-Eliyabe, noBenaya, noObede-edom,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ihubo lokubonga.

noJehiyeli, be pete izingubu neziṅkoka; noAsafu e nezikencezo ezi kala kakulu; 6 uBenaya noJahaziyeli abapristi be shaya njalo amacilongo pambi kwompongolo wesivumelwano si ka Nkulunkulu.

7 Nga lolo suku uDavida wa qala ukumisa ukuba ku bongwe uJehova, ngesandhla si ka Asafu nabafo wabo.

8 Bonganini uJehova, ni tete igama lake,
Yazisani izizwe izenzo zake.
9 M hlabeleleleni ni m hubele;
Kulumani ngemimangaliso yake yonke.
10 Zigabiseni egameni lake elingcwele;
Ma i tokoze inhliziyo yabo aba cinga uJehova.
11 Funani uJehova namandhla ake;
Cingani ubuso bake njalonjalo.
12 Kumbulani imimangaliso yake ayenzileyo,
Izibonakaliso zake, nezahlulelo zomlomo wake,
13 Nina nzalo ka Israeli inceku yake,
Bantwana ba ka Jakobe, abaketiweyo bake.
14 Yena u nguJehova uNkulunkulu wetu;
Izahlulelo zake zi kuwo wonke umhlaba.
15 Kumbulani isivumelwano sake ku ze ku be nini,
Kumbulani izwi a yala ngalo kuzo izizukulwane ezi inkulungwane,
16 A vumelana ngalo noAbraham,
Nesifungo sake ku Isaka,
17 Wa si qinisa ku Jakobe si be isimiso,
Na ku Israeli si be isivumelwano esimiyo njalo,
18 E ti, Ngi ya kukunika izwe la kwa Kanan,
Isiqepu esi ifa lenu;
19 Lapo ni se abantu aba ingcozana,
Yebo, na ni ingcozana kakulu, ni te gozololo kulo;
20 Ba hambahamba ezizweni ngezizwe,
Ba suka embusweni omunye ba ya kwabanye abantu.
21 Ka vumelanga muntu ukubapata ngokahlo;
Yebo, wa sola amakosi ngenxa yabo,
22 E ti, Ni nga tinti abagcotshiweyo bami,
Ni nga b'enzeli okubi abaprofeti bami.
23 M hlabeleleleni uJehova, mhlaba wonke;
Ni memezele usindiso lwake imihla ngemihla.
24 Balisani ngobukosi bake ezizweni,
Balisani ngemimangaliso yake pakati kwabantu bonke.
25 Ngokuba uJehova mkulu, u ngowokudunyiswa kakulu:
Yena u ngowokwesatshwa ngapezu kwa onkulunkulu bonke.
26 Ngokuba bonke onkulunkulu bezizwe ba izitombe:
Kepa uJehova w'enza izulu.
27 Ukutuseka nobukosi ku pambi kwake:
Amandhla nokujabula ku sendaweni yake.
28 M nikeni uJehova, nina mindeni yezizwe,
M nikeni uJehova udumo namandhla;
29 M nikeni uJehova udumo olu fanele igama lake:
Ni lete umnikelo, ni ze pambi kwake;
Kulekani ku Jehova ni hlobe ngokungcwele.
30 Tutumelani pambi kwake, mhlaba wonke:
Izwe futi li qinisiwe ukuba li nga zanyazanyiswa.
31 Ma li tokoze izulu, wetabe umhlaba;
Ma ku tiwe ezizweni, UJehova u ya busa.
32 Ma lu dume ulwandhle nokugcwala kwalo;
Ma wetabe umhlabati, nako konke oku kuwo;
33 I ze i ti imiti yehlati yenanele pambi ku ka Jehova;
Ngokuba u y'eza ukwahlulela umhlaba.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Abapati bezinkonzo. UDavida u hlose ukwaka itempeli.

34 Bongani uJehova; ngokuba u mnene;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini.
35 Ni ti, Si sindise, Nkulunkulu osisindisayo,
Si qoqe u s'opule ezizweni,
Ukuze si bonge igama lako elingcwele,
Si zigabise ngodumo lwako.
36 Ma ka bongwe uJehova uNkulunkulu ka Israeli,
Ku suka pakade ku ze ku be nini;
Abantu bonke ba ti, Amen, ba dumisa uJehova.

37 Wa shiyake lapo pambi kwompongolo wesivumelwano si ka Jehova uAsafu nabafo wabo, ukuba ba konze pambi kwompongolo njalonjalo, njengokudingekayo imihla ngemihla; **38** noObede-edom nabafo wabo, aba ngamashumi a isitupa nesishiyangalombili; uObede-edom ka Jedutun naye, noHosa, ba be abalindimasango; **39** noZadoki umpristi, nabafo wabo abapristi, pambi kwetabanekele li ka Jehova endaweni epakemeyo eya i seGibeyon, **40** ukuba ba nikele iminikelo eshiswayo ku Jehova elatini lomnikelo oshiswayo njalonjalo kusasa na ngokuhlwa, njengako konke okulotshiweyo emtetweni ka Jehova, a yala uIsraeli ngawo; **41** be noHeman noJedutun, nabanye abaketiweyo aba patwa ngamagama, ukuba ba bonge uJehova, ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini; **42** be noHeman noJedutun be namacilongo nezikencezo zaba zokuzikalisa kakulu, nezinto zokuvuma zezingoma zi ka Nkulunkulu; namadodana ka Jedutun a be sesangweni. **43** B'emuka abantu bonke, ilowo wa ya endhlini yake: uDavida wa buya wa ya kobusisa indhlu yake.

17 Kwa ti ke uDavida e se hlala endhlini yake, uDavida wa ti ku Natan umprofeti, Bheka, ngi hlala endhlini yemisedare mina, kodwa umpongolo wesivumelwano si ka Jehova u hlala pansi kwezisitezo. **2** Wa ti uNatan ku Davida, Yenza konke oku senhliziyweni yako; ngokuba uNkulunkulu u nawe. **3** Kwa ti nga lobo busuku, izwi li ka Nkulunkulu la fika ku Natan, li ti, **4** Hamba u tshele uDavida inceku yami ukuti, U ti uJehova, A u yi kungakela indhlu yokuhlala kuyo: **5** ngokuba a ngi hlalanga ndhlini ku sukela osukwini eng'enyusa ngalo uIsraeli ku ze ku be namhla, kepa ngi de ngi suka etenteni ngi ye etenteni elinye, ngi suka etabanekeleni ngi ye kwelinye njalo. **6** Kuzo zonke izindawo engi hambahambe kuzo noIsraeli wonke, nga ke nga kuluma yini izwi na koyedwa wabahluli ba kwa Israeli enga ba yala ukuba b'aluse abantu bami, lokuti, A ni ng'akelanga ngani indhlu yemisedare na? **7** Kalokuke wo ti encekwini yami uDavida, U ti uJehova wamabandhla, Nga ku tabata esibayeni sezimvu na sekulandeleni izimvu ukuba u be isikulu ku bantu bami uIsraeli: **8** be ngi nawe kuko konke ukuhamba kwako, nga nquma zonke izita zako pambi kwako; ngi zo kwenzela igama, eli njengegama labakulu aba semhlabeni. **9** Ngi ya kumisela abantu bami uIsraeli indawo, ngi ba tshale, ukuba ba hlale endaweni yabo, ba nga be be sa xobiswa; ba nga be be sa qedwa abantu abaxwalileyo, njenga kuqala, **10** ku sukela osukwini enga misa ngalo abahluli ukuba ba pate abantu bami uIsraeli; ngi ya kuvova zonke izita zako. Futi ngi ya ku tshela ukuba uJehova u zo kwakela indhlu. **11** Ku ya kuti lapo izinsuku zako se zi pelele ukuba u ye kokoko bako, ngi mise inzalo yako emva kwako, e ya kuba eyamadodana ako; ngi qinise umbuso wayo. **12** Yiyona e ya kungakela indhlu, ngi qinise isihlalo sayo sobukosi ku ze ku be nini. **13** Ngi ya kuba uyise, yona i be indodana yami: a ngi yi kususa isihau sami kuyo, njengokusisusa kwami kuye owa e ngapambili kwako; **14** ngi ya kuyimisa endhlini yami na sembusweni wami

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umtandazo ka Davida. U nqoba izizwe ezizungezileyo.

ku ze ku be nini; isihlalo sayo sobukosi si ya kuqiniswa ku ze ku be nini. 15 Njengawo onke lawa mazwi, na njengawo wonke lombono, uNatan wa kuluma kanjalo ku Davida.

16 Wa s'e ngena uDavida inkosi, wa hlala pambi ku ka Jehova wa ti, Ngi ngubani mina, Jehova Nkulunkulu, nendhlu yami i yini, ukuba u ngi lete ku ze ku be lapa? 17 Na loku kwa ku into encane emehlweni ako, Nkulunkulu; wa buya wa kuluma ngendhlu yenceku yako na ngoku se kude, wa ngi naka ngokungati ngi ngumuntu opakemeyo, Jehova Nkulunkulu. 18 UDavida a ng'elekela ngokutini futi kuwe ngodumo olwenzelwe inceku yako na? ngoba u ya y'azi inceku yako. 19 E, Jehova, ngenxa yenceku yako, na ngokwenhliziyo yako, wenzile bonke lobu bukulu, ukwazisa konke loku okukulu. 20 E, Jehova, a kako o njengawe, a kuko Nkulunkulu ngapandhle kwako, njengako konke esikuzwileyo ngezindhlebe zetu. 21 Yisipi isizwe nesi sodwa emhlabeni esi fana nabantu bako uIsraeli, uNkulunkulu a ya kuzihlengela bona ba be abantu, ukuba u zenzele igama ngezinto ezinkulu nezesabekayo, ngokuxosha izizwe pambi kwabantu bako uIsraeli owa zihlengela bona Egipite? 22 Ngoba abantu bako uIsraeli wa b'enza ba be abantu bako ku ze ku be nini; wena, Jehova, wa ba uNkulunkulu wabo. 23 Kalokuke, Jehova, Ma kuti izwi olikulumileyo ngenceku yako, nendhlu yayo, li qiniseke ku ze ku be nini, wenze njengokusho kwako. 24 Igama lako ma li qiniseke li kuliswe ku ze ku be nini, ku tiwe, UJehova wamabandhla u nguNkulunkulu ka Israeli, yebo, uNkulunkulu ku Israeli: indhlu ka Davida inceku yako i qinisiwe pambi kwako. 25 Ngokuba wena, Nkulunkulu wami, wambule encekwini yako ukuba u ya kuyakela indhlu: ngakoke inceku yako i fumanisile enhliziyweni yayo ukutandaza pambi kwako. 26 Kalokuke, Jehova, wena u nguNkulunkulu, u tembisile loku okuhle encekwini yako. 27 Kalokuke ku be kuhle kuwe ukubusisa indhlu yenceku yako, ukuba i be kona ku ze ku be nini pambi kwako: ngokuba wena, Jehova, u busisile, i busisiwe ku ze ku be nini.

18 Kwa ti ngasemva kwa loku, uDavida wa cita amaFilisti, wa wa vova, wa tata iGati nemizana yalo esandhleni samaFilisti. 2 Wa cita uMoabe; amaMoabe a ba abakonzi ku Davida, a leta intela.

3 UDavida wa cita futi uHadarezere inkosi ya seZoba kwa za kwa ba seHamati, e sa ya komisa umbuso wake emfuleni uUfrate. 4 UDavida wa tata kuye izinqolana zempi ezi inkulungwane, nabakwel'amahashi aba izinkulungwane ezi isikombisa, naba hamba pansi aba izinkulungwane ezi ngamashumi amabili; uDavida wa wa nquma imisipa onke amahashi ezinqolana zempi, kepa wa shiya kuwo awezinqolana ezi ikulu.

5 Kwa t'uba amaSiriya a seDamaseku eze ukusiza uHadarezere inkosi ya seZoba, uDavida wa bulala abantu aba izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nambili ku maSiriya. 6 UDavida wa s'e aka amakanda eSiriya la seDamaseku; amaSiriya a ba abakonzi ku Davida, a leta intela. UJehova wa m nqobisa uDavida kuko konke ukuhamba kwake. 7 UDavida wa tata izihlangu zegolide eza zi sezincekwini zi ka Hadarezere, wa zi leta eJerusalem. 8 Na seTibati na seKun, imizi ka Hadarezere, uDavida wa tata itusi eliningi kakulu, uSolomon enza ngalo ulwandhle lwetusi, nezinsika, nempahla yetusi.

9 Wa ti uTohu inkosi ya seHamati ukuzwa ukuti uDavida u citile yonke impi ka Hadarezere inkosi ya seZoba, 10 wa tuma uHadoram indodana yake enkosini uDavida ukumbingelela, nokumbusisa, ngokuba wa e lwe noHadarezere wa m cita (ngokuba uHadarezere wa e loku e lwa noTohu); w'eza nempahla yonke ye-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UHanun u dhlala ngezigijimi zi ka Davida.

golide neyesiliva neyetusi. 11 Na le inkosi uDavida ya yi ngcwelisela uJehova, kanye nesiliva negolide e li tute ezizweni zonke; ku Edom, na ku Moabe, na kwaba kwa Amon, na ku maFilisti, na ku maAmaleki.

12 Futi uAbishayi ka Zeruya wa bulala ku maEdom eMhosheni ka saoti izinkulungwane ezi ishumi nesishiyangalombili. 13 W'aka amakanda eEdom; onke amaEdom a ba abakonzi ku Davida. UJehova wa m nqobisa uDavida kuko konke ukuhamba kwake.

14 UDavida wa busa uIsraeli wonke; w'ahlulela kahle w'enza okulungileyo ku bantu bonke bake. 15 UJowabi ka Zeruya wa e pete impi; uJehoshafati ka Ahiludi wa e umlobi wezindaba; 16 uZadoki ka Ahitubi, noAbimeleki ka Abiyatare, ba be ngabapristi; uShavesha wa e umbhali; 17 uBenaya ka Jehoyada wa e pete amaKereti namaPeleti; amadodana ka Davida a be abokuqala nga senkosini.

19 Kwa ti emva kwa loku u-Nahashi inkosi yaba kwa Amon wa fa, indodana yake ya busa esikundhleni sake. 2 UDavida wa ti, Ngi ya kumenzela isihau uHanun ka Nahashi, ngokuba uyise wa ng'enzela isihau. UDavida wa tuma izigijimi ukumkuza ngoyise. Izinceku zi ka Davida za fikake ezweni laba kwa Amon ku Hanun ukumkuza. 3 Kepa izikulu zaba kwa Amon za ti ku Hanun, Imbala, ngokubona kwako uDavida u tusa uyihlo ngokutumela abakuzi kuwe na? izinceku zake a zi zile yini kuwe ukuba zi pendhle zi cite, zi hlole izwe na? 4 UHanun wa s'e tabata izinceku zi ka Davida, wa zi pucula, wa zi hina izingubo zazo za ti gamanxa kwa ze kwa ba sezinqeni, wa zi mukisa. 5 Kwa se ku hamba abanye, ba m tshela uDavida ngokupatwa kwa lawo madoda. Wa s'e tuma ukuwahlangabeza; ngokuba amadoda a be namahloni kakulu. Inkosi ya ti, Hlalani eJeriko ku ze ku hlume izilevu zenu, be se ni ya buya.

6 Ba ti aba kwa Amon ukubona ukuba ba zinukisile ku Davida, u-Hanun naba kwa Amon ba tuma amatalenta esiliva a inkulungwane ukuba a zitolele izinqolana zempi nabakwel'amahashi eMesopotamiya, na seAram-mahaka, na seZoba. 7 Ba tola ngemali izinqolana ezi izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu nambili, nenkosi ya seMahaka nabantu bayo, b'eza ba ngenisa pambi kweMedeba. Aba kwa Amon ba butana, b'esuka emizini yabo, b'eza ekulweni. 8 Wa ti ukuzwa loko uDavida wa tuma uJowabi, nempi yonke yeziqwaga. 9 Aba kwa Amon ba puma, ba hlela impi entubeni yesango lomuzi: amakosi a e fikile a ba odwa endhle.

10 Kwa t'uba uJowabi a bone ukuba impi i bhekene naye ngapambili na ngasemva, wa keta ku madoda onke aketiweyo a kwa Israeli, wa wa hlela ukuhlangabezana namaSiriya. 11 Abantu abaseleyo wa ba beka esandhleni si ka Abishayi umfo wabo; ba zihlela ukuhlangabezana naba kwa Amon. 12 Wa ti, Uma amaSiriya e ng'ahlula, wena u ya kungipeleka; kodwa uma aba kwa Amon be kwahlula wena, ngi ya kukupeleka. 13 Qinani, ma si ziqinise ngenxa yabantu ba kiti, na ngenxa yemizi ka Nkulunkulu wetu: uJehova a k'enze okuhle emehlweni ake. 14 UJowabi nabantu aba be naye ba sondela ngapambi kwamaSiriya ukulwa; a baleka pambi kwake. 15 Ba ti aba kwa Amon ukubona ukuba amaSiriya a balekile, ba baleka nabo pambi ku ka Abishayi umfo wabo, ba ngena emzini. UJowabi wa s'e ya eJerusalem.

16 A ti amaSiriya ukubona ukuba a zangekile pambi ku ka Israeli, a tuma izigijimi a kipa amaSiriya a e ngapesheya kwoMfula, noShofaki induna yempi ka Hadarezere e pambi kwawo. 17 Kwa bikwa ku Davida; wa buta uIsraeli wonke, wa wela iJordan, wa wa fikela, wa hlela impi ukulwa nawo. UDavida e se hlelile

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

impi ukuhlangabezana namaSiriya, a lwa naye. 18 AmaSiriya a baleka pambi ku ka Israeli; uDavida wa bulala ku maSiriya abantu bezinqolana zempi ezi izinkulungwane ezi isikombisa, naba hamba pansi aba izinkulungwane ezi ngamashumi amane, wa bulala noShofaki induna yempi. 19 Za ti izinceku zi ka Hadarezere ukubona ukuba zi zangekile pambi ku ka Israeli, za telelana amanzi noDavida, za m konza: a ka be e sa vuma amaSiriya ukupeleka aba kwa Amon futi.

20 Kwa ti ekutwaseni kwomnyaka, ngesikati amakosi a puma impi ngaso, uJowabi wa hola amaqawe empi, wa cita izwe laba kwa Amon, wa fika wa vimbezela iRaba. Kepa uDavida wa hlala eJerusalem. UJowabi wa cita iRaba, wa li diliza. 2 UDavida wa susa umqele wenkosi yabo ekanda layo, wa fumana ukuba ukusinda kwawo ku italenta legolide, u namatshe anqabileyo; wa bekwa ekanda li ka Davida: wa kipa impango eningi kakulu emzini. 3 Wa kipa futi abantu aba be kuwo, wa ba nquma ngamasaha, na ngezibhuqo zensimbi, na ngamazembe. W'enze njalo uDavida emizini yonke yaba kwa Amon. UDavida nabantu bonke ba buyelake eJerusalem.

4 Kwa ti ngasemva kwa loku kwa ba kona impi namaFilisti eGezere: uSibekayi umHushati wa bulala uSipayi wamadodana omdondoshiya; a vovwa. 5 Kwa pinda kwa ba kona impi namaFilisti; uElhanan ka Jahire wa bulala uLami umfo wabo ka Goliya umGiti, oti lomkonto wake lwa lu ngangomqadi womaluki. 6 Kwa ba kona impi futi eGati, lapo kwa ku kona umuntu omude, iminwe yake nezinzwani zake ku amashumi amabili nane, isitupa esandhleni si sinye, nesitupa onyaweni lu lunye; naye futi wa zalwa umdondoshiya. 7 Lapo e dhlelesela uIsraeli, uJonatan ka Shimeha umfo wabo ka Davida wa m bulala. 8 Laba ba zalwa umdondoshiya eGati; ba wiswa isandhla si ka Davida, nesandhla sezinceku zake.

21 USatane w'ema ukulwa noIsraeli, wa vusa uDavida ukuba a bale uIsraeli. 2 Wa ti uDavida ku Jowabi na kuzo izikulu zabantu, Hambani, ni yo bala uIsraeli, ni suke eBere-sheba ni ze ni fike kwa Dan; ni ngi letele izwi ukuba ngi w'azi umumo wabo. 3 Wa ti ke uJowabi, UJehova ma k'engeze ku bantu bake aba ngangabo ku pindwa ngekulu: kodwa, nkosi yami, nkosi yezwe, a ba sizo izinceku zenkosi yami bonke na? po, inkosi yami i funelani loku na? yini ukuba a bangele uIsraeli icala na? 4 Kepa izwi lenkosi l'ahlula uJowabi. UJowabi wa pumake, wa hambahamba kwela kwa Israeli lonke, wa fika eJerusalem. 5 UJowabi wa nika uDavida umumo wabantu ngokubalwa kwabo. UIsraeli wonke wa e izinkulungwane ezi inkulungwane nezinkulungwane ezi ikulu aba hloma inkemba: aba kwa Juda ba be izinkulungwane ezi ngamakulu amane namashumi a isikombisa aba hloma inkemba. 6 Kodwa uLevi noBenjamin a ka ba balanga pakati kwabo; ngokuba izwi lenkosi la li nengeka ku Jowabi. 7 Leyo nto ya bambi emehlweni ka Nkulunkulu; ngakoke wa shaya uIsraeli. 8 Wa ti uDavida ku Nkulunkulu, Ng'onile kakulu loku ng'enze le nto: kepa kaloku a ke u dhlulise ububi benceku yako; ngokuba ngi ntumazele kakulu.

9 UJehova wa s'e kuluma ku Gadi, umboni ka Davida, wa ti, 10 Hamba u kulume ku Davida, u ti, U ti uJehova, Ngi ku nika izinto ezintatu: keta i benye kuzo ukuba ngi y'enze kuwe. 11 UGadi wa fikake ku Davida wa ti kuye, U ti uJehova, ziketele: 12 kuko iminyaka emitatu yendhlala; kuko ukuqedwa izinyanga ezintatu pambi kwabayimpi kuwe, inkemba yezita zako i ku fica; kuko izinsuku ezintatu zenkemba ka Jehova, ngi sho ubadane lokufa ezweni, ingelosi ka Jehova i bulala pakati kwemikaulo yonke ya kwa Israeli. Manjeke zibonele izwi engi za kulibuyisela kongitumileyo. 13 Wa ti ke

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku fika ukufa. Isibuya si ka Ornan. UDavida u lungisela itempeli.

uDavida ku Gadi, Ngi nyinyekile kakulu: ma ngi wele esandhleni si ka Jehova; ngokuba isihe sake sikulu kakulu; ma ngi nga weli esandhleni somuntu. **14** UJehova wa leta ubadane lokufa kwa Israeli; kwa wa kwa Israeli abantu aba izinkulungwane ezi ngamashumi a isikombisa. **15** UNkulunkulu wa tumela ingelosi eJerusalem ukulicita: kwa ti lapa i si za kulicita, uJehova wa bona, wa zisola nga lobu bubi, wa ti kuyo ingelosi ecitayo, Kwanele; yeketisa isandhla sako. Ingelosi ka Jehova ya i mi nga sesibuyeni si ka Ornan umJebusi. **16** UDavida wa pakamisa amehlo ake, wa bona ingelosi ka Jehova i mi emkatini womhlaba nezulu, i pete inkemba ehoshiweyo ngesandhla sayo yelulelwe pezu kweJerusalem. UDavida namalunga, be mbete indwangu yamasaka, ba se be ti mbo ngobuso pansi. **17** Wa ti uDavida ku Nkulunkulu, A si mina yini owa yaleza ukuba abantu ba balwe? yimina engonileyo ng'enze kabi kakulu; kodwa lezi zimvu z'enzeni na? isandhla sako, Jehova Nkulunkulu wami, ma si be pezu kwami, na pezu kwendhlu ka baba; ma si nga bi pezu kwabantu bako ukubahlupa.

18 Ingelosi ka Jehova ya i si yala uGadi ukuba a ti ku Davida ukuba enyuke uDavida a misele uJehova ilati esibuyeni si ka Ornan umJebusi. **19** UDavida w'enyukake ngezwi li ka Gadi, alikulumayo ngegama li ka Jehova. **20** UOrnan wa guquka, wa bona ingelosi; amadodana ake amane a be naye a casha. UOrnan wa e bhula ukolweni. **21** Kwa t'uba uDavida eze ku Ornan, uOrnan wa bheka wa bona uDavida, wa puma esibuyeni, wa kotamela uDavida e beka pansi ubuso. **22** Wa s'e ti uDavida ku Ornan, Ngi nike indawo ya lesi sibuya, ukuba ng'akele uJehova ilati kuyo: u za kunginika yona ngemali epeleleyo, ukuba isifo si nqamuke ku bantu. **23** Wa ti uOrnan ku Davida, Yi tate; inkosi yami, inkosi yezwe, ma y'enze okuhle emehlweni ayo: bheka, ngi ku pa izinkomo zi be ezeminikelo eshiswayo, nezibhulo zi be izinkuni, nokolweni a be umnikelo wempupu; ngi ku nika konke. **24** Inkosi uDavida ya ti ku Ornan, Qake; ngi za kuyitenga nokuyitenga ngemali epeleleyo: ngokuba a ngi yi kutatela uJehova oku ngokwako, ngi nikele umnikelo oshiswayo ngengi ku tola ngeze. **25** UDavida wa nika uOrnan nga leyo ndawo igolide eli amashekeli a ngamakulu a isitupa ukusinda kwalo. **26** UDavida w'akela uJehova ilati kona, wa nikela iminikelo eshiswayo neminikelo yokutula, wa teta uJehova; wa m pendula ngomlilo o vela ezulwini elatini lomnikelo oshiswayo. **27** UJehova wa yala ingelosi; ya buyisela inkemba yayo emgodhleni wayo.

28 Nga leso sikati uDavida e se bonile ukuba uJehova u m pendulile esibuyeni si ka Ornan umJebusi, wa m hlabela kona. **29** Ngokuba itabanekele li ka Jehova, uMoses a l'enza ehlane, nelati lomnikelo oshiswayo, nga leso sikati kwa ku sendaweni epakemeyo eGibeyon. **30** UDavida wa e nge na kuya pambi kwalo ukubuza ku Nkulunkulu; ngokuba wa e twetwezela ngenxa yenkemba yengelosi ka Jehova.

22 **1** Wa s'e ti uDavida, Yile indhlu ka Jehova uNkulunkulu, yileli ilati lomnikelo oshiswayo ka Israeli.

2 UDavida wa yala ukuba ku butwe abezizwe aba be sezweni la kwa Israeli; wa misa ababazi bamatshe ukubaza amatshe axoziweyo ukuba kwakiwe indhlu ka Nkulunkulu. **3** UDavida wa lungisa insimbi eningi yezipikili zezicabha zamasango, neyokuhlanganisa; netusi eliningi eli nge na kulinganiswa; **4** nemisedare e nge na kubalwa: ngokuba amaSidon naba seTire ba leta imisedare emininginiku Davida. **5** Wa ti uDavida, USolomon indodana yami u se umfana u tambile, indhlu e za kwakelwa uJehova ngeyokukuliswa nokupakanyiswa i be negama nodumo emazweni onke: ngi za

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UDavida u yala uSolomon ngetempeli. U hlela umsebenzi wabaLevi.

kuyilungiselake. Wa yi lungiselake uDavida kakulu e nga ka fi.

6 Wa s'e biza uSolomon indodana yake, wa m yala ukuba akele uJehova uNkulunkulu ka Israeli indhlu. 7 UDavida wa ti ku Solomon indodana yake, nga ngi ti enhliziyweni yami ngi zakwakela igama li ka Jehova uNkulunkulu wami indhlu. 8 Kepa izwi li ka Jehova la fika kimi li ti, U palaze igazi eliningi, wenze izimpi ezinkulu: a u yi kwakela igama lami indhlu, ngokuba u palaze igazi eliningi emhlabeni pambi kwami. 9 Bheka, u ya kuzalelwa indodana eya kuba umuntu wokupumula; ngi ya kuyipumuza eziteni zonke zayo inxa zonke; ngokuba igama layo li ya kuba uSolomon, ngi ya kunika u-Israeli ukutula nokuzola emihleni yake. 10 Uyena o ya kulakela igama lami indhlu; u ya kuba indodana yami, mina ngi be uyise; ngi qinise isihlalo sobukosi sombuso wake kwa Israeli ku ze ku be nini. 11 Kalokuke, ndodana yami, uJehova ma ka be nawe; u hlanhlazeleke, wakele uJehova uNkulunkulu wako indhlu, njengokusho kwake ngawe. 12 Kupela uJehova a ku pe ukuhlakanipa nokuqonda, a ku yale ngo-Israeli; ukuba u gcine umteto ka Jehova uNkulunkulu wako. 13 Konake u ya kuhlanhlazeleka, uma u qapela ukwenza izimiso namasiko uJehova a m yale uMoses ngawo mayelana noIsraeli: qina, u me isibindi; u ng'esabi, u nga papateki. 14 Bhekake, ekuhlupekeni kwami ngi lungisele indhlu ka Jehova amatalenta egolide a izinkulungwane ezi ikulu, namatalenta esiliva a izinkulungwane ezi inkulungwane, netusi nensimbi e nge na kulinganiswa; ngokuba ku ningi: ngi lungisile imiti futi namatshe; nawe u ng'engeza kuko. 15 Futi ku kona kuwe izisebenzi eziningi, ababazi neziŋyanga zamatshe nemiti, nabantu bonke aba izingcweti emisebenzini yonke: 16 igolide, nesiliva, netusi, nensimbi, a ku na kubalwa. Suka, u sebenze, uJehova a be nawe.

17 Futi uDavida wa yala zonke izikulu za kwa Israeli ukuba zi size uSolomon indodana yake, e ti, 18 Angiti, uJehova uNkulunkulu wenu u kini na? u ni pumuzile inxa zonke na? ngokuba u kapele esandhleni sami abakileyo ezweni; izwe l'ahluliwe pambi ku ka Jehova, na pambi kwabantu bake. 19 Kalokuke yi nikeni inhliziyo yenu nompefumulo wenu ekufuneni uJehova uNkulunkulu wenu; ngakoke sukani n'ake indhlu engcwele ka Jehova uNkulunkulu, ukuba ku ngeniswe umpongolo wesivumelwano si ka Jehova, nempahla engcwele ka Nkulunkulu, endhlini eyakelwa igama li ka Jehova.

23 UDavida wa e se gugile zi pelele izinsuku zake; wa beka uSolomon indodana yake a be inkosi kwa Israeli. 2 Wa buta izikulu zonke za kwa Israeli, nabapristi nabaLevi. 3 AbaLevi ba balwa, ku qala kwaba neminyaka e ngamashumi amatatu ku ya kwaba nengapezulu: umumo wabo ngezinhloko zabo, indoda ngendoda, wa u izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu nesishiyangalombili. 4 Aba izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nane kubo ba be abokwongamela umsebenzi wendhlu ka Jehova; izinkulungwane ezi isitupa za zi izinduna nabahluli; 5 izinkulungwane ezine za zi abalindimasango, izinkulungwane ezine za zi dumisa uJehova ngezinto zokuvuma engazenzayo ukuba ku dunyiswe ngazo. 6 UDavida wa ba hlukanisa, ba ba izigaba ngokwamadodana ka Levi: uGershom, no-Kohati, noMerari.

7 Ku maGershom: kwa ku uLadan noShimehi. 8 Amadodana ka Ladan: uJehiyeli enkulu, noZetam, no-Joweli, batatu. 9 Amadodana ka Shimehi: uShelomoti, noHaziyeli, no-Haran, batatu. Yilaboke izinhloko zezindhlu za oyise zi ka Ladan. 10 Namadodana ka Shimehi: uJahati, no-Zina, noJewushe, noBeriya. Laba bobane ba be amadodana ka Shimehi. 11 UJahati wa e ngenkulu, eyesibili uZiza: kepa uJewushe noBeriya ba

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

be nge nawo amadodana amaningi; ngakoke ba ba indhlu ka yise ngokubalwa kunye.

12 Amadodana ka Kohati: uAmram, noIzhari, noHebron, noUziyeli, bane. 13 Amadodana ka Amram: uAron noMoses; uAron w'ahlukaniswa ukuba a ngcwelise izinto ezi ngcwelengcwele, yena namadodana ake ku ze ku be nini, ukutunqisa impepo pambi ku ka Jehova, ba m konze, ba busise ngegama lake, ku ze ku be nini. 14 Kodwa uMoses umuntu ka Nkulunkulu, amadodana ake a bizwa kwa tiwa a sesizweni sa kwa Levi. 15 Amadodana ka Moses: uGershom noEliyezere. 16 Amadodana ka Gershom; uShebuweli enkulu. 17 Amadodana ka Eliyezere a be nguRehabiya enkulu; uEliyezere wa e nge nawo amanye amadodana; kodwa amadodana ka Rehabiya a e maningi kakulu. 18 Amadodana ka Izhari: uShelomiti enkulu. 19 Amadodana ka Hebron: uJeriya enkulu, uAmariya eyesibili, uJahaziyeli eyesitatu, uJekameham eyesine. 20 Amadodana ka Uziyeli: uMika enkulu, noIshiya eyesibili.

21 Amadodana ka Merari: uMali noMushi. Amadodana ka Mali: uElazare noKishe. 22 Wa fa uElazare, e nge namadodana, kupela amadodakazi: a tatwa amadodana ka Kishe a zalana nabo. 23 Amadodana ka Mushi: uMali, noEdere, noJeremoti, batatu.

24 Yilawa amadodana ka Levi ngezindhlu za oyise, a yizona izinhloko zezindhlu za oyise njengokubalwa kwabo, ngomumo wamagama ngezinhloko zabo, ab'enza umsebenzi wokukonza wendhlu ka Jehova, ku qala kwaba neminyaka e ngamashumi amabili ku ya kwaba nengapezulu. 25 Ngokuba uDavida wa ti, UJehova uNkulunkulu ka Israeli u pumuzile abantu bake; u hlezi eJerusalem ku ze ku be nini: 26 futi abaLevi a ba sa yi kudinga ukutwala itabanekele nempahla yalo yenkonzo yalo. 27 Ngokuba ngamazwi okugcina ka Davida amadodana ka Levi a balwa, ku qala kwaba neminyaka e ngamashumi amabili ku ya kwaba nengapezulu. 28 Ngokuba isikundhla sawo sa si nga sesandhleni samadodana ka Aron ekukonzeni endhlini ka Jehova, emagcekeni, na semakamelweni, na sekuhlambululeni zonke izinto ezingcwele, umsebenzi wenkonzo yendhlu ka Nkulunkulu; 29 nowesinkwa sokubhekwa, nowempupu ecolekileyo i be umnikelo wempupu, noma i be imiqatane e nge na mvubelo, noma i be eyosiweyo emqengeleni, noma eswakamisiweyo, nowokulinganisa konke okumanzi noku nobude; 30 nokuma kusasa imihla ngemihla ukubonga nokudumisa uJehova ku be njalo na ngokuhlwa; 31 nokunikela iminikelo yonke eshiswayo ku Jehova, ngamasabata, na ngokwetwasa kwezinyanga, na ngemikosi emisiweyo, umumo wabo u njengesiko labo pambi ku ka Jehova njalonjalo; 32 nokuba ba londe isilondolozelo setente lokuhlangana, nesilondolozelo sendawo engcwele, nesilondolozelo samadodana ka Aron abafo wabo, ekukonzeni endhlini ka Jehova.

24 Izigaba zamadodana ka Aron yilezi. Amadodana ka Aron: uNadabe noAbihu, noElazare noItamare. 2 Kodwa uNadabe noAbihu ba fa pambi ku ka yise, be nge nabantwana: ngakoke uElazare noItamare ba konza ebupristini. 3 UDavida kanye noZadoki wa ku madodana ka Elazare noAhimeleki ku madodana ka Itamare, wa b'ahlukanisa njengokuviva kwabo enkonzweni yabo. 4 Kwa funyaniswa ku madodana ka Elazare amadoda a izinhloko amaningi kuna ku madodana ka Itamare; b'ahlukaniswa kanje: ku madodana ka Elazare kwa ku kona aba ishumi nesitupa, aba izinhloko zezindhlu za oyise; ku madodana ka Itamare, ngezindhlu za oyise, ba be isishiyangalombili. 5 B'ahlukaniswa kanjaloke ngenkato, laba na laba; ngokuba kwa ba kona izikulu zendhlu engcwele, nezikulu zi ka Nkulunkulu, kuwo amadodana

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izigaba zabanye abaLevi. Ku hlelwa inkonzo yokuhlabelela.

ka Elazare, na kuwo amadodana ka Itamare. 6 UShemaya ka Nataneli umbhali o ngowamaLevi, wa ba loba pambi kwenkosi, nezikulu, noZadoki umpristi, noAhimeleki ka Abiyatare, naba izinhloko zezindhlu za oyise ku bapristi na ku baLevi; enye indhlu ya oyise ya kishelwa uElazare, enye ya kishelwa uItamare.

7 Inkato yokuqala ya dhla uJehoyaribi, eyesibili uJedaya, 8 eyesitatu uHarim, eyesine uSehorim, 9 eyesihlanu uMalekija, eyesitupa uMijamin, 10 eyesikombisa uHakozi, eyesishiyangalombili uAbija, 11 eyesishiyangalolunye uJeshua, eyeshumi uShekaniya, 12 eyeshumi nanye uEliyashibe, eyeshumi nambili uJakim, 13 eyeshumi nantatu uHupa, eyeshumi nane uJeshebeyabe, 14 eyeshumi nesihlanu uBiliga, eyeshumi nesitupa uImere, 15 eyeshumi nesikombisa uHezire, eyeshumi nesishiyangalombili uHapizeze, 16 eyeshumi nesishiyangalolunye uPetahiya, eyamashumi amabili uJehezekeli, 17 eyamashumi amabili nanye uJakin, eyemashumi amabili nambili uGamuli, 18 eyamashumi amabili nantatu uDelaya, eyemashumi amabili nane uMahaziya. 19 Loku kwa ku ukuviva kwabo enkonzweni yabo yokungena endhlini ka Jehova njengesiko aba li nikwa uAron uyise, njengokuyalwa kwake uJehova uNkulunkulu ka Israeli.

20 Ku madodana ka Levi aseleyo yilaba: ku madodana ka Amram, uShubayeli; ku madodana ka Shubayeli, uJedeya. 21 Ku Rehabiya: ku madodana ka Rehabiya, uIshiya enkulu. 22 Ku maIzhari, uShelomoti; ku madodana ka Shelomoti, uJahati. 23 Amadodana ka Hebron: uJeriya enkulu, uAmariya eyesibili, uJahaziyeli eyesitatu, uJekameham eyesine. 24 Amadodana ka Uziyeli, uMika; ku madodana ka Mika, uShamire. 25 Umfo wabo ka Mika, nguIshiya; ku madodana ka Ishiya, uZekariya. 26 Amadodana ka Merari: uMali noMushi; amadodana ka Jahaziya: uBeno. 27 Amadodana ka Merari: a ka Jahaziya, uBeno, noShoham, noZakure, noIbri. 28 A ka Mali: uElazare, owa e nge namadodana. 29 A ka Kishe, amadodana ka Kishe: uJerameli. 30 Amadodana ka Mushi: uMali, noEdere, noJerimoti. Yilawa amadodana abaLevi ngezindhlu za oyise. 31 Laba futi b'enza inkato njengabafo wabo amadodana ka Aron pambi ku ka Davida inkosi, noZadoki, noAhimeleki, nezinhloko zezindhlu za oyise zabapristi nabaLevi; izindhlu za oyise zomkulu njeng'ezomfo wabo omncane.

25 Futi uDavida nezinduna zempi ba qembula abanye bamadodana ka Asafu, noHeman, noJedutun, ba be abenkonzo ba profete ngezinkoka, na ngezingubu, na ngezikencezo: umumo wabo abantu bomsebenzi wenkonzo wa u nje: 2 ku madodana ka Asafu, uZakure, noJosefa, noNetaniya, noAsharela, amadodana ka Asafu, pansi kwesandhla si ka Asafu, owa profeta njengomyalo wenkosi. 3 Ku Jedutun; amadodana ka Jedutun: uGedaliya, noZeri, noJeshaya, noHashabiya, noMatitiya, aba isitupa, pansi kwesandhla si ka yise uJedutun owa e nenkoka, e profeta ngokubonga na ngokudumisa uJehova. 4 Ku Heman; amadodana ka Heman: uBukiya, noMataniya, noUziyeli, noShebuweli, noJerimoti, noHananiya, noHanani, noEliyata, noGidalti, noRomamti-ezere, noJoshebekasha, noMaloti, noHotire, noMahaziyoti. 5 Bonke laba ba be amadodana ka Heman umboni wenkosi emazwini ka Nkulunkulu, ukupakamisa upondo. UNkulunkulu wa nika uHeman amadodana a ishumi nane namadodakazi amatatu. 6 Bonke laba ba be petwe uyise wabo ekuhlabeleleni endhlini ka Jehova, ngezikencezo, nezingubu, nezinkoka, enkonzweni yendhlu ka Nkulunkulu; uAsafu, noJedutun, noHeman, be pansi kwomyalo wenkosi. 7 Umumo wabo, kanye nabafo wabo aba be fundiswe ukuhlabelelela uJehova, bonke aba be amagagu, ba be amakulu amabili namashumi a isi-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izigaba zabahlabeleli nezabalindimasango.

shiyangalombili nesishiyangalombili. 8 B'enza inkato ngezikundhla zabo ngokulinganayo, abancane njengabakulu, ofundisayo njengofundayo.

9 Inkato yokuqala ya dhla uAsafu, noJosefa: eyesibili uGedaliya; yena nabafo wabo namadodana ake, be ishumi nambili: 10 eyesitatu uZakure, amadodana ake nabafo wabo, be ishumi nambili: 11 eyesine uIzri, amadodana ake nabafo wabo, be ishumi nambili: 12 eyesihlanu uNetaniya, amadodana ake nabafo wabo, be ishumi nambili: 13 eyesitupa uBukiya, amadodana ake nabafo wabo, be ishumi nambili: 14 eyesikombisa uJesharela, amadodana ake nabafo wabo, be ishumi nambili: 15 eyesishiyangalombili uJeshaya, amadodana ake nabafo wabo, be ishumi nambili: 16 eyesishiyangololunye uMataniya, amadodana ake nabafo wabo, be ishumi nambili: 17 eyeshumi uShimehi, amadodana ake nabafo wabo, be ishumi nambili: 18 eyeshumi nanye uAzareli, amadodana ake nabafo wabo, be ishumi nambili: 19 eyeshumi nambili uHashebiya, amadodana ake nabafo wabo, be ishumi nambili: 20 eyeshumi nantatu uShubayeli, amadodana ake nabafo wabo, be ishumi nambili: 21 eyeshumi nane uMatitiya, amadodana ake nabafo wabo, be ishumi nambili: 22 eyeshumi nesihlanu uJeremoti, amadodana ake nabafo wabo, be ishumi nambili: 23 eyeshumi nesitupa uHananiya, amadodana ake nabafo wabo, be ishumi nambili: 24 eyeshumi nesikombisa uJoshebekasha, amadodana ake nabafo wabo, be ishumi nambili: 25 eyeshumi nesishiyangalombili uHanani, amadodana ake nabafo wabo, be ishumi nambili: 26 eyeshumi nesishiyangalolunye uMaloti, amadodana ake nabafo wabo, be ishumi nambili: 27 eyamashumi amabili uEliyata, amadodana ake nabafo wabo, be ishumi nambili: 28 eyamashumi amabili nanye uHotire, amadodana ake nabafo wabo, be ishumi nambili: 29 eyamashumi amabili nambili uGidalti, amadodana ake nabafo wabo, be ishumi nambili: 30 eyamashumi amabili nantatu uMahaziyoti, amadodana ake nabafo wabo, be ishumi nambili: 31 eyamashumi amabili nane uRomamtiezere, amadodana ake nabafo wabo, be ishumi nambili.

26 Abezigaba zabalindimasango yilaba: ku maKora uMeshelemiya ka Kore, owamadodana ka Asafu. 2 UMeshelemiya wa e namadodana: uZekariya izibulo, uJedihayeli eyesibili, uZebadiya eyesitatu, uJateniyeli eyesine, 3 uElam eyesihlanu, uJehohanan eyesitupa, uEliyohenayi eyesikombisa. 4 NoObedeedom wa e namadodana: uShemaya izibulo, uJehozabadi eyesibili, uJowa eyesitatu, uSakare eyesine, uNetaneli eyesihlanu, 5 uAmiyeli eyesitupa, uIsakare eyesikombisa, uPewuletayi eyesishiyangalombili; ngoba uNkulunkulu wa m busisa. 6 UShemaya naye indodana yake wa zala amadodana, a busa indhlu ka yise; ngokuba a be iziqwaga ezi ngamaqawe. 7 Amadodana ka Shemaya: uOteni, noRefayeli, noObede, noElezabadi, obafo wabo ba be ngamaqawe, uElihu, noSemakiya. 8 Bonke laba ngabamadodana ka Obede-edom: bona namadodana abo nabafo wabo, amadoda a nesu a namandhla enkonzweni; ba be amashumi a isitupa nambili ba ka Obede-edom. 9 UMeshelemiya wa e namadodana nabafo wabo, aba ngamaqawe, be ishumi nesishiyangalombili. 10 UHosa futi, waba kwa Merari, wa e namadodana: uShimri enkulu (noma wa e nge silo izibulo, uyise wa m enza omkulu), 11 uHilekiya eyesibili, uTebaliya eyesitatu, uZekariya eyesine: amadodana onke nabafo wabo ba ka Hosa ba be ishumi nantatu.

12 Ku laba kwa vela izigaba zabalindimasango, kuwo amadoda a izinhloko a nezikundhla njengabafo wabo, zokukonza endhlini ka Jehova. 13 B'enza inkato, abancane njengabakulu, ngezindhlu za oyise, yesango ngesango. 14 Inkato ya sempumalanga ya dhla uShelemiya. Anduba

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Abapati bezingcebo zetempeli nezinduna nabahluli.

kwenziwe inkato ngoZekariya indodana yake, umpakati ohlakanipileyo, yena wa dhliwa inkato ya nga senyakato. 15 E ka Obede-edom nga seningizimu; eyamadodana ake indhlu yempahla. 16 E ka Shupim noHosa nga sentshonalanga, nga sesangweni iShalekete nga semgwaqweni okupukayo, abalindi be bhekene nabalindi: 17 Nga sempumalanga kwa ku ba kona abaLevi aba isitupa, nga senyakato ba be bane ngelanga, nga seningizimu ba be bane ngelanga, na nga sendhlini yempahla ba be babili ngababili. 18 Nga seParebare entshonalanga, ba be bane emgwaqweni, eParebare ba be babili. 19 Yilezi izigaba zabalindimasango; ku madodana amaKora, na ku madodana ka Merari.

20 Ku baLevi, uAhija wa e pete izingcebo zendhlu ka Nkulunkulu, nezingcebo zezinto ezingcwelisiweyo. 21 Amadodana ka Ladan, amadodana amaGershon a kwa Ladan, izinhloko zezindhlu za oyise za kwa Ladan umGershon: uJehiyeli. 22 Amadodana ka Jehiyeli: uZetam, noJoweli umfo wabo, be pezu kwezingcebo zendhlu ka Jehova. 23 Ku maAmram, ku maIzhari, ku maHebron, ku maUziyeli: 24 uShebuweli ka Gershom, ka Moses, wa e umpati wezingcebo. 25 Abafo wabo: noEliyezere kwa vela uRehabiya indodana yake, noJeshaya indodana yake, noJoram indodana yake, noZikri indodana yake, noShelomoti indodana yake. 26 UShelomoti nabafo wabo ba be pete izingcebo zezinto ezingcwelisiweyo, eza ngcweliswa uDavida inkosi, nezinhloko zezindhlu za oyise, izinduna zezinkulungwane nezamakulu, nezinduna zempi. 27 Okwempango e zuzwe empini ba ku ngcwelisela ukulungisa indhlu ka Jehova. 28 Nako konke okwa ngcweliswa uSamuweli umboni, noSaule ka Kishe, noAbneri ka Neri, noJowabi ka Zeruya, konke okwangcweliswayo na ubani, kwa ba pansi kwesandhla si ka Shelomoti, nabafo wabo.

29 Ku maIzhari, uKenaniya namadodana ake ba be pete umsebenzi wa pandhle kwa Israeli, be izinduna nabahluli. 30 Ku maHebron, uHashabiya nabafo wabo, amaqawe, inkulungwane namakulu a isikombisa, b'ongamela aba kwa Israeli ngapesheya kweJordan nga sentshonalanga, emsebenzini wonke ka Jehova, na senkonzweni yenkosi. 31 Ku maHebron uJerija wa e inhloko, ku maHebron njengezizukulwane zawo ngezindhlu za oyise. Ba funwa ngomnyaka wamashumi amane wokubusa ku ka Davida, kwa funyanwa pakati kwabo iziqwaga ezi ngamaqawe eJazeri la kwa Giliyadi. 32 Abafo wabo, amaqawe, ba be izinkulungwane ezimbili namakulu a isikombisa, izinhloko zezindhlu za oyise, aba miswa uDavida inkosi ba be abongameli bamaRuben, namaGadi, nenxenye yesizwe sa kwa Manase, ngezindaba zonke zi ka Nkulunkulu, na ngezindaba zenkosi.

27 Aba kwa Israeli ngomumo wabo, ukuti izinhloko zezindhlu za oyise nezinduna zezinkulungwane nezamakulu, namakosi empi abo a konza inkosi, ezindabeni zonke zezigaba eza zi ngena neza zi puma izinyanga ngezinyanga ezinyangeni zonke zomnyaka—ileso sigaba sa si nezinkulungwane ezi ngamashumi amabili nane. 2 Owa e pete isigaba sokuqala ngenyanga yokuqala kwa ku uJashobeham ka Zabdiyeli: esigabeni sake kwa ku kona izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nane. 3 Wa e ngowaba kwa Perezi, inhloko yezinduna zonke zempi ngenyanga yokuqala. 4 Owa e pete isigaba senyanga yesibili kwa ku uDodayi umAhohi nesigaba sake; noMikeloti umbusi: esigabeni sake kwa ku kona izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nane. 5 Induna yesitatu yempi ngenyanga yesitatu kwa ku uBenaya ka Jehoyada umpristi, inhloko: esigabeni sake kwa ku kona izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nane. 6 Lo nguBenaya owa e isiqwaga kwabamashumi

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

amatatu, wa e pezu kwabamashumi amatatu: uAmizabade indodana yake wa e sesigabeni sake. **7** Eyesine ngenyanga yesine kwa ku uAsaheli umfo wabo ka Jowabi, ku nguZebadiya indodana yake emva kwake: esigabeni sake kwa ku kona izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nane. **8** Induna yesihlanu ngenyanga yesihlanu kwa ku uShamuti umIzrahi: esigabeni sake kwa ku kona izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nane. **9** Eyesitupa ngenyanga yesitupa kwa ku uIra ka Ikeshe wa seTekowa: esigabeni sake kwa ku kona izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nane. **10** Eyesikombisa ngenyanga yesikombisa kwa ku uHeleze umPelon owaba kwa Efrayim: esigabeni sake kwa ku kona izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nane. **11** Eyesishiyangalombili ngenyanga yesishiyangalombili kwa ku uSibekayi umHushati owama-Zerahi: esigabeni sake kwa ku kona izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nane. **12** Eyesishiyangalolunye ngenyanga yesishiyangalolunye kwa ku uAbiyezere wa seAnatoti owama-Benjamin: esigabeni sake kwa ku kona izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nane. **13** Eyeshumi ngenyanga yeshumi kwa ku uMaharayi umNetofati owamaZerahi: esigabeni sake kwa ku kona izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nane. **14** Eyeshumi nanye ngenyanga yeshumi nanye kwa ku uBenaya umPiraton owaba kwa Efrayim: esigabeni sake kwa ku kona izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nane. **15** Eyeshumi nambili ngenyanga yeshumi nambili kwa ku uHeledayi umNetofati owa kwa Oteniyeli: esigabeni sake kwa ku kona izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nane.

16 Izizwe za kwa Israeli za patwa yilaba: ku maRuben uEliyezere ka Zikri wa e umbusi: ku maSimeon, uShefatiya ka Mahaka: **17** kwa Levi, uHashabiya ka Kemuweli: kwa Aron, uZadoki: **18** kwa Juda, uElihu, owabafo wabo ka Davida: kwa Isakare, uOmri ka Mikayeli: **19** kwa Zebulun, uIshmaya ka Obadiya: kwa Nafetali, uJeremoti ka Azriyeli: **20** kwaba kwa Efrayim, uHosheya ka Azaziya: enxenyeni yesizwe sa kwa Manase, uJoweli ka Pedaya: **21** enxenyeni yesizwe sa kwa Manase kwa Giliyadi, uIdo ka Zekariya: kwa Benjamin, uJasiyeli ka Abneri: **22** kwa Dan, uAzareli ka Jeroham. Yilezi izinduna zezizwe za kwa Israeli. **23** Kodwa uDavida a ka balanga ubungako babo aba neminyaka e ngamashumi amabili naba ngapansi, ngokuba uJehova wa e te u ya kwandisa uIsraeli a be ngangezinkanyezi zezulu. **24** UJowabi ka Zeruya wa qala ukubala, a ka qedanga kodwa; kwa ba kona ulaka pezu ku ka Israeli ngenxa ya loku; futi umumo ka u bekwanga encwadini yezindaba zemihla ngemihla yenkosi uDavida.

25 Owa e pete izingcebo zenkosi kwa ku uAzemavete ka Adiyeli: owa e pete izingcebo zamasimu endhle, na semizini, na semizaneni, na sezinqabeni, kwa ku uJonatan ka Uziya: **26** owa e pete ab'enza umsebenzi wokulima umhlabati kwa ku uEzri ka Kelubi: **27** owa e pete izivini kwa ku uShimehi wa seRama: owa e pete izitelo zezivini ezemigodi yewayini kwa ku uZabedi wa seShifam: **28** owa e pete iminqumo nemitombe eya i senzansi kwa ku uBale-hanan wa seGedere: owa e pete imigodi yamafuta kwa ku uJowashe: **29** owa e pete izinkomo eza zi hxaba eSharon kwa ku uShitrayi wa seSharon: owa e pete izinkomo eza zi sezigodini kwa ku uShafati ka Adelayi: **30** owa e pete amakamelo kwa ku uObili umIshmayeli: owa e pete izimbongolo kwa ku uJedeya umMeronoti: **31** owa e pete izimvu kwa ku uJazizi umHageri. Bonke laba ba be izinduna ezi pete impahla yenkosi uDavida.

32 UJonatan uyisekazi ka Davida wa e umpakati, umuntu o nengqondo, umbhali: uJehiyeli ka Hakemoni wa e kanye namadodana enkosi: **33** uAhitofeli wa e umpakati wenkosi:

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Inshumayelo ka Davida e nika uSolomon umfanekiso wetempeli.

uHushayi umArki wa e umhlobo wenkosi: 34 emva ku ka Ahitofeli kwa ba nguJehoyada ka Benaya, noAbiyatare: induna yempi yenkosi ya i nguJowabi.

28 UDavida wa butela izikulu zonke za kwa Israeli, izikulu zezizwe, nezinduna zezigaba eza konza inkosi ngezikati zazo, nezinduna zezinkulungwane, nezinduna zamakulu, nezinduna ezi pete yonke impahla nemfuyo yenkosi neyamadodana ayo, nabatenwa, neziqwaga zonke, iziqwaga ezi ngamaqawe, eJerusalem. 2 UDavida inkosi wa s'e sukuma ngezinyawo zake, wa ti, Ngi zweni bafo wetu, nabantu bami: be ku senhliziyweni yami mina ukwakela umpongolo wesivumelwano si ka Jehova indhlu yokupumula, neyesenabelo sezinyawo zi ka Nkulunkulu wetu; nga ngi lungisele ukwaka. 3 Kepa uNkulunkulu wa ti kimi, A u yi kulakela igama lami indhlu, ngokuba u ngumuntu wokulwa, u palazile igazi. 4 Noko uJehova, uNkulunkulu ka Israeli, wa ngi keta kuyo yonke indhlu ka baba ngi be inkosi ku Israeli ku ze ku be nini: ngokuba u kete uJuda a be isikulu; endhlini ka Juda u kete indhlu ka baba; pakati kwamadodana ka baba yimina owamkolayo ukuba a ngi beke inkosi ku Israeli wonke; 5 kuwo onke amadodana ami (ngoba uJehova u ngi nike amadodana amaningi), u kete uSolomon indodana yami ukuba a hlale esihlalweni sobukosi sombuso ka Jehova kwa Israeli. 6 Wa ti kimi, USolomon indodana yako, uyena o ya kwaka indhlu yami namagceke ami; ngokuba ngi m ketile a be indodana yami, mina ngi za kuba uyise. 7 Ngi za kuqinisa umbuso wake ku ze ku be nini, uma e qinisa ukwenza imiyalo yami namasiko ami, ngenga namhla. 8 Kalokuke, emehlweni ka Israeli wonke, umbutano ka Jehova, na sezindhlebeni zi ka Nkulunkulu wetu, qapelani ni fune imiyalo yonke ka Jehova uNkulunkulu wenu; ukuba ni li dhl'ubufa leli zwe elihle, ni li shiye emva kwenu li be ifa labantwana benu ku ze ku be nini.

9 Wenake, Solomon ndodana yami, yazi uNkulunkulu ka yihlo, u m konze ngenhliziyo epeleleyo na ngompefumulo ovumayo; ngokuba uJehova u ya hlolisisa izinhliziyo zonke, u ya qonda imicabango yonke yezizindhlo. Uma u m funa, u ya kufunyanwa uwe; uma u m shiya, u ya kukulahla ku ze ku be nini. 10 Bhekake manje; ngokuba uJehova u ku ketile ukuba wake indhlu i be indhlu engcwele: qinake u kwenze.

11 UDavida wa s'e nika uSolomon indodana yake umfanekiso wompeme wetempeli, nowezindhlu zalo, nowezindhlu zezingcebo zalo, nowamakamelo a pezulu alo, nowamakamelo a pakati alo, nowendawo yesihlalo somusa; 12 nomfanekiso wako konke a e nako ngoMoya, ngamagceke endhlu ka Jehova na ngamakamelo onke inxa zonke, na ngezindhlu zezingcebo zendhlu ka Nkulunkulu, na ngezindhlu zezingcebo zezinto ezingcwelisiweyo; 13 na ngezigaba zabapristi nezabaLevi, na ngomsebenzi wonke wenkonzo yendhlu ka Jehova, na ngempahla yonke yenkonzo endhlini ka Jehova; 14 igolide ngokulinganiswa lempahla yegolide yezinkonzonkonzo; isiliva lempahla yonke yesiliva ngokulinganiswa lempahla yonke yezinkonzonkonzo; 15 ku linganiselwe futi izinti zezibani zegolide, nezibani zazo zegolide, ku linganiselwe izinti zonke zezibani nezibani zazo; nezinti zezibani zesiliva, isiliva ngokulinganiswa lezinti zonke zezibani nezibani zazo, njengokusetshenziswa kwezinti zonke zezibani; 16 negolide ngokulinganiswa lamatafula ezinkwa zokubhekwa, amatafula ngamatafula; nesiliva lamatafula esiliva; 17 nezingwegwe zenyama, nemikele, nezindebe, zi igolide elicwengekileyo; okwemicakulo yegolide ngokulinganiswa umcakulo ngomcakulo; nokwemicakulo yesiliva ngokulinganiswa okwomcakulo ngomcakulo; 18 nokwelati lempepo igolide elicwengekileyo ngokulinganiswa; negolide lomfanekiso

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UDavida u yala uSolomon nabantu. Ku letwa iminikelo, i bongwe.

wenqolana, amakerubi elule amapiko awo, a sibekela umpongolo wesivumelwano si ka Jehova. 19 Konke loku, ku sho uDavida, ngi ku qondiswe ngokubhaliwe isandhla si ka Jehova, ngi sho imisebenzi yonke ya lo mfanekiso.

20 UDavida wa ti ku Solomon indodana yake, Qina u me isibindi, u kwenze: u ng'esabi, u nga papateki; ngokuba uJehova uNkulunkulu, u-Nkulunkulu wami, u nawe; a ka yi kukuyeka, a ku shiye, u ze u pele umsebenzi wonke wenkonzo yendhlu ka Jehova. 21 Bheka, ku kona izigaba zabapristi nezabaLevi zenkonzo yonke yendhlu ka Nkulunkulu: ku ya kuba nawe emisebenzini yonke abantu bonke aba qutshwa izinhliziyo zabo aba izingcweti zayo yonke inkonzo: nezinduna nabantu bonke ba ya kwenza konke okushoyo.

29 UDavida inkosi wa ti kuwo wonke umbutano, USolomon indodana yami, amketileyo yedwa u-Nkulunkulu, u se umfana, u tambile, umsebenzi mkulu; ngokuba le ndhlu yobukosi a siyo eyomuntu, nge ka Jehova uNkulunkulu. 2 Se ngi lungisele indhlu ka Nkulunkulu wami ngamandhla onke ami igolide lezinto zegolide, isiliva lezinto zesiliva, netusi lezinto zetusi, insimbi yezinto zensimbi, nemiti yezinto zemiti; amatshe esardoniki, namatshe okufakwa, namatshe okuqondelwa, na mibalabala, nezinhlobo zonke zamatshe anqabileyo, namhlope amaningi. 3 Futi, ngokuba ya ngi kola indhlu ka Nkulunkulu wami, loku ngi nemfuyo yegolide nesiliva, ngi ya yi nika i be eyendhlu ka Nkulunkulu wami, ngapezu kwako konke engi ku lungisele indhlu engcwele. 4 amatalenta a izinkulungwane ezintatu egolide, igolide la seOfire, namatalenta a izinkulungwane ezi isikombisa esiliva elicwengekileyo, lokufakwa ezindongeni zezindhlu; 5 igolide lezinto zegolide, nesiliva lezinto zesiliva, nokwemisebenzi yonke e ya kwenziwa ngezandhla zezinyanga. Ubani ozinikelayo e qutshwa inhliziyo o ya kuzahlukanisela uJehova namhla na?

6 Izikulu zezindhlu za oyise, nezikulu zezizwe za kwa Israeli, nezinduna zezinkulungwane nezamakulu, nabapati bomsebenzi wenkosi, ba nikela be qutshwa inhliziyo; 7 za nikelela inkonzo yendhlu ka Nkulunkulu amatalenta a izinkulungwane ezi isihlanu egolide namadarike a izinkulungwane ezi ishumi, namatalenta a izinkulungwane ezi ishumi esiliva, namatalenta a izinkulungwane ezi ishumi nesishiyangalombili etusi, namatalenta a izinkulungwane ezi ikulu ensimbi. 8 Bona okwa funyanwa kubo amatshe anqabileyo ba wa nikela engcebweni yendhlu ka Jehova, esandhleni si ka Jehiyeli umGershon. 9 Abantu ba tokoza, ngokuba ba nikela be qutshwa inhliziyo, ngokuba ba nikela be qutshwa inhliziyo epeleleyo ku Jehova: noDavida inkosi wa tokoza ngokutokoza okukulu.

10 Ngakoke uDavida wa bonga uJehova pambi kwombutano wonke; wa ti uDavida, Ma u bongwe, Jehova, Nkulunkulu ka Israeli ubaba, ku ze ku be nini na nini. 11 Obako, Jehova, ubukulu, nobuqwaga, nobucwazicwazi, nokunqoba, nobukosi: ngoba konke oku sezulwini noku semhlabeni ku ngokwako; umbuso u ngowako, Jehova, u pakeme u inhloko pezu kwako konke. 12 Ingcebo nodumo ku vela kuwe, u ya busa kuko konke; esandhleni sako ku kona amandhla nobuqwaga; ku sesandhleni sako ukukulisa, nokuqinisa konke. 13 Kalokuke, Nkulunkulu wetu, si ya ku bonga, si dumisa igama lako elidumileyo. 14 Kepa ngi ngubani mina, nabantu bami ba yini, ukuba si be namandhla okunikela si qutshwa inhliziyo kanje na? ngokuba konke ku vela kuwe, si ku nike oku vela esandhleni sako. 15 Tinake si ngabezizwe pambi kwako, naba te gozololo, njenga okoko betu bonke: izinsuku zetu emhlabeni zi njengetunzi, a kuko ukuhlala. 16 Au, Jehova Nkulunkulu wetu, yonke le ntilibatwa esi yi lungisele ukwa-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kela igama lako elingcwele indhlu i vela esandhleni sako, ngeyako yonke. **17** Ngi y'azi futi, Nkulunkulu wami, ukuba u ya vivinya inhliziyo, bu ya ku kola ubuqoto. Mina, ngobuqoto benhliziyo yami ngi nikele konke loku ngi qutshwa inhliziyo: nabantu bako aba funyanwa lapa ngi ba bonile ngokutokoza, be nikela kuwe be qutshwa inhliziyo. **18** E, Jehova, Nkulunkulu ka Abraham, noIsaka, noIsraeli, okoko betu, ma u gcine loku ku ze ku be nini emcabangweni wezizindhlo zenhliziyo yabantu bako, u lungisele inhliziyo yabo kuwe; **19** u nike indodana yami uSolomon inhliziyo epeleleyo, ukuba a gcine imiyalo yako, nezifakazo zako, nezimiso zako, enze konke loku, ake isigodhlo engisilungiseleyo.

20 Wa s'e ti uDavida kuwo wonke umbutano, M bongeni manje uJehova uNkulunkulu wenu. Umbutano wonke wa bonga uJehova, uNkulunkulu wa oyise, wa kotama, wa kuleka ku Jehova, na senkosini. **21** Ba m hlabela uJehova imihlatshelo, ba nikela ku Jehova iminikelo eshiswayo, ngangomuso emva kwa lolo suku, amaduna a inkulungwane, izinqama ezi inkulungwane, nezimvana ezi inkulungwane, kanye neminikelo yako yokupuzwa, nemihlatshelo eminingi ka Israeli wonke, **22** ba dhla ba puza pambi ku ka Jehova nga lolo suku ngokutokoza okukulu.

Ba beka inkosi ngokwesibili uSolomon indodana ka Davida, ba m gcobela uJehova ukuba a be isikulu, noZadoki a be umpristi. **23** USolomon wa s'e hlala esihlalweni sobukosi si ka Jehova e inkosi esikundhleni si ka Davida uyise, wa hlanhlazeleka; uIsraeli wonke wa m lalela. **24** Izikulu zonke, neziqwaga, namadodana onke enkosi uDavida, a tobela uSolomon inkosi. **25** UJehova wa m enza mkulu uSolomon kakulu emehlweni ka Israeli wonke, wa m nika ukutuseka kwobukosi oku nga zanga ku be kona na ku yipi inkosi ya kwa Israeli ngapambili kwake.

26 UDavida ka Jese wa busa uIsraeli wonke. **27** Isikati a busa ngaso uIsraeli sa ba iminyaka e ngamashumi amane; eHebron wa busa iminyaka e isikombisa, eJerusalem wa busa iminyaka e ngamashumi amatatu nantatu. **28** Wa fa e se ingwevu, izinsuku zake se zi pelele, e nengcebo nodumo: uSolomon indodana yake wa busa esikundhleni sake. **29** Izindaba zi ka Davida inkosi, ezokuqala nezokugcina, bheka, zi lotshiwe encwadini yezindaba ka Samuweli umboni, na sencwadini yezindaba ka Natan umprofeti, na sencwadini yezindaba ka Gadi umboni, **30** kanye nokubusa kwake konke nobuqwaga bake, nezinto ezamehlelayo yena, noIsraeli, nemibuso yonke yamazwe.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

YEZINDABA

(IZIKRONIKE)

Umtandazo ka Solomon. Ukuceba kwake. U hlosa ukwaka itempeli.

1 USolomon ka Davida wa qiniswa embusweni wake, uJehova uNkulunkulu wake wa ba naye, wa m enza mkulu kakulu. **2** Wa kuluma uSolomon ku Israeli wonke, kuzo izinduna zezinkulungwane nezamakulu, na ku bahluli, na kuzo izikulu zonke kuye wonke uIsraeli, izinhloko zezindhlu za oyise. **3** USolomon, nombutano wonke kanye naye ba ya endaweni epakemeyo eya i seGibeyon; ngokuba kwa ku kona lapo itente lokuhlangana li ka Nkulunkulu, ela l'enziwe uMoses inceku ka Jehova ehlane. **4** Kepa umpongolo ka Nkulunkulu uDavida wa be w'enyusile eKiriyati-jeharim wa wu yisa endaweni uDavida a be wu lungisele yona ngoba wa e wu misele itente eJerusalem. **5** Futi ilati letusi, a be l'enzile uBezaleli ka Ure, ka Huri, la li kona ngapambi kwetabanekele li ka Jehova: uSolomon nombutano ba ya ba buza kulo. **6** USolomon w'enyukela lapo elatini letusi ngapambi ku ka Jehova, ela li setenteni lokuhlangana, wa nikela iminikelo eshiswayo e inkulungwane pezu kwalo.

7 Nga lobo busuku uNkulunkulu wa bonakala ku Solomon, wa ti kuye, Cela o tanda ukuba ngi ku nike kona. **8** Wa ti uSolomon ku Nkulunkulu, Wenzele uDavida ubaba isihau esikulu, wa ng'enza nga ba inkosi esikundhleni sake. **9** Manjeke, Jehova Nkulunkulu, ma ku qiniswe isitembiso sako ku Davida ubaba; ngokuba u ngi bekile ngi be inkosi yabantu aba njengotuli lomhlaba ngobuningi. **10** Ngi pe manje ukuhlakanipa nokwazi, ukuba ngi pume ngi ngene pambi kwa laba bantu; ngokuba ubani o ng'ahlulela laba bantu bako abaningi kangaka na? **11** Wa ti uNkulunkulu ku Solomon, Ngokuba loku be ku senhliziyweni yako, u nga celanga ingcebo, nemfuyo, nodumo, namakanda abakuzondayo, u nga celanga futi izinsuku eziningi; u zicelele ukuhlakanipa nokwazi, ukuba w'ahlulele abantu bami, engi ku beke inkosi kubo: **12** u su piwe ukuhlakanipa nokwazi; nengcebo, nemfuyo, nodumo, ngi ya kukunika kona a nga zanga a be nako amakosi a be kona ngapambili kwako; na lawo a ya kukulandela a yi kuba nako okunjalo. **13** USolomon wa suka endaweni epakemeyo e seGibeyon pambi kwetente lokuhlangana, wa ya eJerusalem wa busake kwa Israeli.

14 USolomon wa buta izinqolana zempi naba kwel'amahashi: wa e nezinqolana zempi ezi inkulungwane namakulu amane, naba kwel'amahashi aba izinkulungwane ezi ishumi nambili, a ku beka emizini yezinqolana zempi, na senkosini eJerusalem. **15** Inkosi y'enza isiliva negolide eJerusalem kwa ba njengamatshe nje, imisedare ya y'enza ya ba njengemitombe yela senzansi, ngobuningi. **16** Amahashi uSolomon a be nawo a vela Egipite; abatengi benkosi ba wamkela ngamadhlanzi, ilelo dhlanzi ngentengo etile. **17** B'enyusa ba kipa Egipite inqolana ngamashekeli esiliva a ngamakulu a isitupa, ihashi ngekulu namashumi a isihlanu; kwa ba njaloke ba letela amakosi onke amaHiti, namakosi a seSiriya, ngezandhla zabo.

2 USolomon wa hlosa ukwakela igama li ka Jehova indhlu, nokwakela umbuso wake indhlu. **2** USolomon wa bala amadoda a izinkulungwane ezi ngamashumi a isikombisa okutwala imitwalo, namadoda a izinkulungwane ezi ngamashumi a isishiyangalombili okubaza ezintabeni, nezinkulungwane ezintatu na-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UHuram u ya siza ukwaka itempeli. Ku hlelwa izisebenzi.

makulu a isitupa okubongamela. 3 USolomon wa tumela ku Huram inkosi ya seTire, e ti, Njengaloku owakwenzayo ku Davida ubaba, wa m tumela imisedare ukumakela indhlu ukuba a hlale kuyo, yenze njalo na kimina. 4 Bheka, se ngi za kwakela igama li ka Jehova, uNkulunkulu wami indhlu, ukuba ngi m ngcwelisele yona, ngi tunqise ngapambi kwake impepo yamaka atapukayo, ngi hlele isinkwa sokubhekwa sa futi, neminikelo eshiswayo ya kusasa neyokuhlwa, ngamasabata, na ngokutwasa kwezinyanga, na ngemikosi emisiweyo ka Jehova uNkulunkulu wetu. Loku ku isiko kwa Israeli ku ze ku be nini. 5 Indhlu engiyakayo inkulu; ngoba mkulu uNkulunkulu wetu ngapezu kwa onkulunkulu bonke. 6 Kodwa ubani o namandhla ukumakela indhlu, loku izulu nezulu lamazulu a li m lingene? po ngi ngubanike mina, ukuba ngi m akele indhlu, kodwa i nga ba eyokutunqisa impepo pambi kwake? 7 Kalokuke ma u ngi tumele umuntu o ingcweti yokusebenza ngegolide, na ngesiliva, na ngetusi, na ngensimbi, na ngokububende, na ngokubomvu, na ngokuluhlaza, nowazi ukuqopa yonke imiqopo, a be nezingcweti ezi nami kwa Juda na seJerusalem, eza miswa nguDavida ubaba. 8 U ngi tumele futi imisedare, nemifire nemialgume, e puma eLebanon; ngokuba ngi y'azi ukuti abantu bako ba ya kwazi ukugaula imiti eLebanon, futi, bheka, abantu bami ba ya kuba kanye nabantu bako, 9 ba ngi lungisele imiti emiringi; ngokuba indhlu e se ngi za kuyaka i ya kuba nkulu i mangalise. 10 Futi, bheka, ngi ya kunika abantu bako, ababazi aba gaula imiti, izilinganiso zi ka kolweni oqakaziweyo ezi izinkulungwane ezi ngamashumi amabili, nezilinganiso zebarle ezi izinkulungwane ezi ngamashumi amabili, namabati ewayini a izinkulungwane ezi ngamashumi amabili, namabati amafuta a izinkulungwane ezi ngamashumi amabili.

11 UHuram inkosi ya seTire wa se pendula ngencwadi a yi tumela ku Solomon, wa ti, Ngoba uJehova e tanda abantu bake, u ku bekile u be inkosi pezu kwabo. 12 UHuram wa ti futi, Ma ka bongwe uJehova, uNkulunkulu ka Israeli, ow'enza izulu nomhlaba, o nike uDavida inkosi indodana ehlakanipileyo, ey'azi amasu e nokuqonda, e ng'akela uJehova indhlu, ake nendhlu yombuso wayo. 13 Kalokuke se ngi tumele umuntu o ingcweti, o nokuqonda, ka Huram ubaba, 14 indodana yowesifazana wamadodakazi ka Dan; uyise wa e ngumuntu wa seTire, o kwazi ukusebenza ngegolide, na ngesiliva, na ngetusi, na ngensimbi, na ngamatshe, na ngemiti, na ngokububende, na ngokuluhlaza, na ngelineni elicolekileyo, na ngokubomvu, nokuqopa imiqopo yonke, nokuhxama konke oku dinga ukuhxanywa; ukuba a nikwe indawo nezingcweti zako, nezingcweti zenkosi yami uDavida uyihlo. 15 Manjeke ukolweni nebarle, namafuta newayini, inkosi yami e kulume ngako, ma i ku tumele ezincekwini zayo: 16 tinake si zo gaula imiti eLebanon, njengokudinga kwako konke; si yi lete kuwe eJopa ngokuyintantisa elwandhle; wenake u y'enyusele eJerusalem.

17 USolomon wa bala bonke abezizwe aba be sezweni la kwa Israeli, emva kwokubala uDavida uyise a e ba bale ngako; kwa funyaniswa ukuba ba izinkulungwane ezi ikulu namashumi a isihlanu nezinkulungwane ezintatu namakulu a isitupa. 18 Wa misa ku bona izinkulungwane ezi ngamashumi a isikombisa ukuba ba twale imitwalo, nezinkulungwane ezi ngamashumi a isishiyangalombili ukuba ba baze ezintabeni, nezinkulungwane ezintatu namakulu a isitupa abongameli bokusebenzisa abantu.

3 USolomon wa s'e qala ukwaka indhlu ka Jehova eJerusalem entabeni iMoriya, lapo uJehova wa bonakala kona ku Davida uyise, wa yi lungisa endaweni uDavida a be yi misile esibuyeni si ka Ornan umJebusi. 2 Wa qala ukwaka ngosuku lwesibili

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Itempeli: ubukulu balo, indawo engcwelengcwele, nokunye.

lwenyanga yesibili, ngomnyaka wesine wokubusa kwake. **3** Yilezike izisekelo uSolomon a zi bekela ukuba kwakiwe indhlu ka Nkulunkulu. Ubude ngezingalo ba bu izingalo ezi ngamashumi a isitupa njengesilinganiso sokuqala, ububanzi ba bu izingalo ezi ngamashumi amabili. **4** Umpeme owa u pambili kwendhlu, ubude bawo ngokobubanzi bendhlu, ba bu izingalo ezi ngamashumi amabili; ukupakama kwa ku ikulu namashumi amabili; wa wu faka igolide elicwengekileyo ngapakati. **5** Indhlu enkulu wa i shayela ngamapulangwe omfire, wa wa faka igolide elihle, w'enza kulo amasundu namaketanga. **6** Wa hlobisa indhlu ngamatshe anqabileyo ukuyivunulisa: igolide la li igolide la seParvayim. **7** Futi indhlu, nemiqadi, nemibundu yeminyango, nezindonga zayo, nezicabha zayo, wa zi faka igolide; wa qopa amakerubi ezindongeni.

8 W'enza indhlu engcwelengcwele; ubude bayo, ngokobubanzi bendhlu, ba bu izingalo ezi ngamashumi amabili, nobubanzi bayo bu izingalo ezi ngamashumi amabili; wa yi faka igolide elihle, li ngamatalenta a ngamakulu a isitupa. **9** Ukusinda kwezipikili kwa ku ngamashekeli a ngamashumi a isihlanu egolide. Amakamelo a ngapezulu wa wa faka igolide.

10 Endhlini engcwelengcwele w'enza amakerubi amabili aqoshiweyo; ba wa faka igolide. **11** Amapiko amakerubi ubude bawo ba bu izingalo ezi ngamashumi amabili: ipiko lelinye la li izingalo ezi isihlanu, li finyelela odongeni lwendhlu; elinye ipiko la li izingalo ezi isihlanu futi, li finyelela epikweni lelinye ikerubi. **12** Ipiko lelinye ikerubi la li izingalo ezi isihlanu, li finyelela odongeni lwendhlu; elinye ipiko nalo la li izingalo ezi isihlanu, li hlangana nepiko lelinye ikerubi. **13** Amapiko a lawa makerubi eluleka izingalo ezi ngamashumi amabili: ema ngezinyawo zawo, ubuso bawo bu bheke endhlini. **14** W'enza iveli ngokuluhlaza, nokububende, nokubomvu, nelineni elicolekileyo, w'enza kulo amakerubi.

15 W'enza futi pambi kwendhlu izinsika ezimbili ukupakama kwazo ku izingalo ezi ngamashumi amatatu nesihlanu; isihloko esa si pezu kwazo nga inye sa si izingalo ezi isihlanu. **16** W'enza amaketanga endaweni eyona i ngemuva, wa wa beka ezihlokweni zezinsika; w'enza amaharanate a ikulu, wa wa beka emaketangweni. **17** Wa misa izinsika ngapambi kwetempeli, enye nga kwesokunene, nenye nga kwesokohlo; wa yi ta igama e nga kwesokunene lokuti uJakin, ne nga kwesokohlo elokuti uBohazi.

4 W'enza futi ilati letusi, ubude balo bu izingalo ezi ngamashumi amabili, nobubanzi balo bu izingalo ezi ngamashumi amabili, ukupakama kwalo ku izingalo ezi ishumi. **2** W'enza futi ulwandhle oluncibilikisiweyo lu izingalo ezi ishumi ku suka olundini ukuya olundini, lwa lu isiyinge inxa zonke; ukupakama kwalo kwa ku izingalo ezi isihlanu; intambo e izingalo ezi ngamashumi amatatu ya lu zungeza inxa zonke. **3** Ngapansi kwalo kwa ku kona oku faniswa namatangazane, okwa ku lu haqe inxa zonke, izingalo ezi ishumi zi haqa ulwandhle inxa zonke. Amatangazane a e izinhla ezimbili, a bunjwa ekubunjweni kwalo. **4** Lw'ema pezu kwezinkomo ezi ishumi nambili, ezintatu zi bheke nga senyakato, ezintatu zi bheke nga sentshonalanga, ezintatu zi bheke nga seningizimu, ezintatu zi bheke nga sempumalanga: ulwandhle lwa bekwa pezu kwazo, zonke zi dunuselene. **5** Uhlonze lwalo lwa lu ngangobubanzi besandhla, ulundi lwalo lwa lwenziwe njengolundi lwendebe, njengembali yomnduze: lwa lu lingene ukuba ku ngene amabati a izinkulungwane ezintatu. **6** W'enza futi izincengezi zokugeza ezi ishumi, wa beka ezi isihlanu nga kwesokunene, nezi isihlanu nga kwesokohlo, zi be ezokugeza; izinto zeminikelo eshiswayo za hlanzwa kuzo; kepa ulwandhle lwa lu olokuba abapristi ba geze kulo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku qedwa itempeli. Ku ngeniswa umpongolo ngokudumisa.

7 W'enza nezinti zezibani ezi ishumi zegolide njengesiko lazo; wa zi beka etempelini, ezi isihlanu nga kwesokunene, nezi isihlanu nga kwesokohlo. 8 W'enza futi amatafula a ishumi, wa wa beka etempelini, a isihlanu nga kwesokunene, na isihlanu nga kwesokohlo. W'enza futi imikele yegolide e yikulu. 9 W'enza futi igceke labapristi, nebala elikulu, nezicabha zebala, izicabha zawo wa zi faka itusi. 10 Ulwandhle wa lu beka nga kwesokunene sendhlu nga sempumalanga, lu nga seningizimu. 11 UHuram w'enza amakanzi, namafosholo, nemikele.

UHuram wa qedake ukwenza umsebenzi wendhlu ka Nkulunkulu a e w'enzele inkosi uSolomon: 12 izinsika ezimbili, nezinkamba, nezihloko ezibili eza zi pezu kwezinsika, nezimvakamvaka ezimbili zokusibekela izinkamba ezimbili zezihloko eza zi pezu kwezinsika, 13 namaharanate a ngamakulu amane ezimvakamvaka ezimbili; izinhla ezimbili zamaharanate emvakamvakeni nga kunye, ukusibekela izinkamba ezimbili zezihloko eza zi pezu kwezinsika. 14 W'enza futi izincwelana, nezincengezi wa z'enza pezu kwezincwelana; 15 ulwandhle lu lunye, nezinkomo ezi ishumi nambili ngapansi kwalo. 16 Namakanzi, namafosholo, nezingwegwe zenyama, nezimpahla zonke zako, uHuram uyise w'enzela inkosi uSolomon, ku be okwendhlu ka Jehova, ngetusi elikazimulayo. 17 Inkosi ya zi bumbela emfundeni ya seJordan, emhlabatini webumba emkatini weSukoti neZereda. 18 USolomon w'enza lezi zimpahla za zi ningi kakulu: ngokuba ukusinda kwetusi kwa ku nge na kutolwa.

19 USolomon w'enzake zonke izimpahla eza zi sendhlini ka Nkulunkulu, ilati legolide, namatafula egolide okwa ku kuwo isinkwa sokubhekwa; 20 nezinti zezibani, kanye nezibani zazo, ngegolide uqobo, ukuba zi vute njengesiko pambi kwendawo eyona i ngemuva; 21 nezimbali, nezibani, nodhlau, wa kwenza ngegolide, igolide elipeleleyo; 22 nesizenze, nemikele, nezinkezo, nemicengezi yomlilo, wa kwenza ngegolide uqobo. Indawo yokungena yendhlu, izicabha ezi pakati zendawo engcwelengcwele, nezicabha zendhlu, itempeli, za zi igolide.

5 Wa pela kanjalo umsebenzi wonke uSolomon a w'enzela indhlu ka Jehova. USolomon wa ngenisa zonke izinto eza ngcweliswa uDavida uyise, isiliva, negolide, nezimpahla zonke, wa zi beka ezindhlini zengcebo zendhlu ka Nkulunkulu.

2 USolomon wa s'e butela eJerusalem amalunga a kwa Israeli, nezinhloko zonke zezizwe, izikulu sezindhlu za oyise zaba kwa Israeli, ukuba benyuse umpongolo wesivumelwano si ka Jehova, u puma emzini ka Davida, o iZiyon. 3 Amadoda onke a kwa Israeli a s'e butanela enkosini, emkosini owa u ngenyanga yesikombisa. 4 A fika onke amalunga a kwa Israeli: abaLevi ba fukula umpongolo; 5 b'enyusa umpongolo, netente lokuhlangana, nezimpahla zonke ezingcwele eza zi se-Tenteni; lezo abapristi abaLevi ba z'enyusa. 6 Inkosi uSolomon nenhlangano yonke ya kwa Israeli, eya i hlangene kuyo, ba be ngapambi kwompongolo, be hlaba izimvu nezinkomo, ezi nge na kubalwa ku tolwe ubungako bazo ngobuningi. 7 Abapristi ba ngenisa umpongolo wesivumelwano si ka Jehova endaweni yawo, endaweni eyona i ngemuva endhlini, endaweni engcwelengcwele, ngapansi kwamapiko amakerubi. 8 Ngokuba amakerubi elula amapiko awo ngapezulu kwendawo yompongolo, amakerubi a sita umpongolo nezinti zawo ngapezulu. 9 Izinti za zi zinde, izihloko zezinti za bonakala nga sempongolweni pambi kwendawo eyona i ngemuva; kepa za zi nga bonakali ngapandhle: u se kona lapo na namhlanje. 10 Kwa ku ngeko luto empongolweni kupela izibhebhe ezibili eza bekwa kona uMoses eHorebe, lapo uJehova enza isivumelwano naba kwa Israeli, ekupumeni kwabo Egipite.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Inshumayelo ka Solomon nomtandazo wake wokwahlukanisela.

11 Kwa ti, abapristi se be pumile endaweni engcwele (ngokuba abapristi bonke aba be kona ba be zingcwelisile, a ba zi gcinanga izigaba zabo; 12 futi abaLevi aba be ngabahlabeleli bonkana, yena uAsafu noHeman, noJedutun, namadodana abo nabafo wabo, b'embete ilineni elicolekileyo, be pete izikencezo nezingubu nezinkoka, b'ema nga sempumalanga kwelati, ku kona kanye nabo abapristi aba ikulu namashumi amabili be shaya amacilongo); 13 kwa ti, lapo aba shaya amacilongo, nabahlabeleli, se be sho kanye ukuzwakalisa ipimbo linye ekudumiseni na sekubongeni uJehova; na lapo be pakamisa izwi labo ngamacilongo na ngezikencezo nezinto zokuvuma, be dumisa uJehova, be ti, Ngokuba u mnene; ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini; indhlu ya se i gcwala ifu, yona indhlu ka Jehova, 14 abapristi ba be nge na kuma ukukonza ngenxa yefu: ngokuba ubucwazicwazi bu ka Jehova ba gcwalisa indhlu ka Nkulunkulu.

6 Wa s'e ti uSolomon, uJehova u te u ya kuhlala ebumnyameni obu te mbe. 2 Kepa mina se ngi kwakele indhlu yokuhlala, indawo yako yokuhlala ku ze ku be nini. 3 Inkosi ya se i guquka, ya busisa umbutano wonke wa kwa Israeli; umbutano wonke wa kwa Israeli w'ema.

4 Ya ti, Ma ka bongwe uJehova, uNkulunkulu ka Israeli, owa kuluma ngomlomo wake ku Davida ubaba, u se ku gcwalisile na ngezandhla zake, e ti, 5 Ku sukela osukwini enga kipa ngalo abantu bami ezweni la s'Egipite, a ngi ketanga muzi kuzo zonke izizwe za kwa Israeli ukuba kwakiwe kona indhlu, ukuba igama lami li be kona; a ngi ketanga muntu futi a be isikulu ku bantu bami uIsraeli: 6 kepa ngi kete iJerusalem, ukuba igama lami li be kona, nga keta uDavida a pate abantu bami uIsraeli. 7 Kwa ku senhliziyweni ka Davida ubaba ukwakela igama li ka Jehova, uNkulunkulu ka Israeli, indhlu. 8 Kodwa uJehova wa ti ku Davida ubaba, Njengokuba kwa ku senhliziyweni yako ukwakela igama lami indhlu, w'enza kahle ngokuba kwa ku senhliziyweni yako: 9 nokoke indhlu a i yi kwakiwa uwe; indodana yako e za kupuma okalweni lwako, iyo e ya kwakela igama lami indhlu. 10 UJehova u misile izwi lake alikulumayo; ngoba se ngi velile esikundhleni si ka Davida ubaba, ngi hlezi esihlalweni sobukosi sa kwa Israeli, njengokusho ku ka Jehova, ng'akele igama li ka Jehova, uNkulunkulu ka Israeli, indhlu. 11 Ngi misile umpongolo kona, oku kona kuwo isivumelwano si ka Jehova, asenzayo naba kwa Israeli.

12 W'emake pambi kwelati li ka Jehova e bhekene nombutano wonke wa kwa Israeli, w'elula izandhla zake 13 (ngoba uSolomon wa enze ibestulu ngetusi, ubude bu izingalo ezi isihlanu, nobubanzi bu izingalo ezi isihlanu, ukupakama ku izingalo ezintatu, wa li misa pakati nebala; w'ema kulo, wa guqa ngamadolo ngapambi kwawo wonke umbutano wa kwa Israeli, w'elulela izandhla zake nga sezulwini); 14 wa ti, E, Jehova, Nkulunkulu ka Israeli, a kako uNkulunkulu o njengawe, ezulwini, na semhlabeni; o gcina isivumelwano nesihau kuzo izinceku zako, ezi hamba pambi kwako ngenhliziyo yonke yazo; 15 o gcine nenceku yako uDavida ubaba loko owakushoyo kuye: yebo, wa kuluma ngomlomo wako, u ku gcwalisile ngesandhla sako, njengokuba ku njalo namhlanje. 16 Kalokuke, Jehova, Nkulunkulu ka Israeli, gcinela inceku yako uDavida ubaba loko owakushoyo kuye, wa ti, A ku yi kunqamuka kuwe umuntu emehlweni ami ukuhlala esihlalweni sobukosi sa kwa Israeli, uma kupela abantwana bako be qapela indhlela yabo, ba hambe emtetweni wami njengokuba wena u hambe pambi kwami. 17 Kalokuke, Jehova, Nkulunkulu ka Israeli, izwi lako ma li qiniseke, owalishoyo kuyo inceku yako uDavida.

18 Imbala uNkulunkulu u ya ku-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umtandazo ka Solomon wokwahlukanisela itempeli.

hlala nabantu emhlabeni na? bheka, izulu nezulu lamazulu a li ku lingene; po kakulu kangakanani le ndhlu engiyakileyo! **19** Kepake ma u yazise umtandazo wenceku yako, nokunxusa kwayo, Jehova Nkulunkulu wami, u zwe ukumbongoza nokutandaza inceku yako e tandaza ngako pambi kwako; **20** ukuba amehlo ako a vulekele le ndhlu emini na sebusuku, le ndawo owa ti ngayo u ya kubeka igama lako kona; u lalele umtandazo inceku yako e ya kutandaza ngawo i bheke ku le ndawo. **21** U lalele ukunxusa kwenceku yako, nokwabantu bako uIsraeli, lapo be tandaza be bheke ku le ndawo: yebo, u zwe u sezulwini endaweni yako yokuhlala; nxa u zwa, u tetelele.

22 Uma umuntu ona umakelwane wake, etweswe isifungo sokumfungisa, eze a funge pambi kwelati lako ku le ndhlu; **23** yizwake wena u sezulwini, w'enze, w'ahlulele izinceku zako, u pindise kulo ishinga, u buyisele indhlela yalo pezu kwekanda lalo; u tete olungileyo, u m nike njengokulunga kwake.

24 Uma abantu bako uIsraeli be shaywa pansi pambi kwesita, ngokuba b'onile kuwe, be buya ba vume igama lako, ba tandaze ba nxuse pambi kwako ku le ndhlu; **25** yizwake u sezulwini, u tetelele isono sabantu bako uIsraeli, u ba buyisele ezweni owa li nika bona na oyise.

26 Uma izulu li valekile, imvula i ngeko, ngokuba b'onile kuwe; uma be tandaza be bheke ku le ndawo, ba vume igama lako, ba buye esonweni sabo, nxa u ba hlupa: **27** yizwake u sezulwini, u tetelele isono sezinceku zako, nesabantu bako uIsraeli, ekubayaleleni kwako indhlela elungileyo oku fanele ba hambe ngayo; u nise imvula ezweni lako, o li nike abantu bako li be ifa.

28 Uma ku ba kona indhlala ezweni, uma ku ba kona ubadane lokufa, uma ku ba kona ukuhamuka nesikuta, nesikonyane nesicwangubane; uma izita zabo zi ba vimbezela ezweni lemizi yabo; nakuba ilupi uhlupo nakuba ikupi ukufa; **29** nakuba imupi umtandazo nokunxusa oku ya kwenziwa umuntu mumbe, noma yibo bonke abantu bako uIsraeli, aba ya kwazi ilowo olwake uhlupo nolwake usizi, elulele izandhla zake nga ku le ndhlu: **30** yizwake u sezulwini endaweni yako yokuhlala, u tetelele, u nike ilowo ngokwezindhlela zonke zake, onhliziyo yake wena u y'aziyo (ngokuba nguwe, wena wedwa, owaziyo izinhliziyo zabantwana babantu); **31** ukuze ba kwesabe wena, ba hambe ngezindhlela zako, izinsuku zonke aba zi hlala ezweni owa li nika obaba.

32 Futi owezizwe, o ngesiye owabantu bako uIsraeli, lapo e ya kupuma ezweni eli kude ngenxa yegama lako elikulu, nesandhla sako esi namandhla, nengalo yako eyoluliweyo; inxa be za ba tandaze be bheke ku le ndhlu: **33** yizwake u sezulwini, endaweni yako yokuhlala, wenze njengako konke owezizwe a kala kuwe ngako; ukuze izizwe zonke zomhlaba zi l'azi igama lako, zi kwesabe, njengabantu bako uIsraeli, ukuba z'azi ukuti le ndhlu engiyakileyo i bizwa ngegama lako.

34 Uma abantu bako be puma be yo kulwa nezita zabo, na nga yipi indhlela o ba tuma ngayo, be tandaza kuwe be bheke ku lo muzi owuketileyo, nendhlu engi y'akele igama lako; **35** yizwake u sezulwini ukutandaza kwabo nokunxusa kwabo, u ba vune.

36 Uma b'ona kuwe (ngoba a kuko muntu ongoniyo), u ba tukutelele, u ba kapele esiteni, si ba tumbele ezweni eli kude nokuba eli seduze; **37** nokoke uma be kumbula enhliziyweni yabo be sezweni lapo be tunjelwe kona, ba buye, ba nxuse kuwe ezweni lokutunjwa kwabo, be ti, S'onile, s'enze ngobupoxo, sa shinga; **38** uma be buyela kuwe ngayo yonke inhliziyo yabo, na ngawo wonke umpefumulo wabo ezweni lokutunjwa kwabo, aba tunjelwa kulo, ba tandaze be bheke ezweni la kubo, owa li nika oyise, nomuzi owuketileyo,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nendhlu engi y'akele igama lako: 39 yizwake ukutandaza kwabo nokunxusa kwabo u sezulwini u sendaweni yako yokuhlala, u ba vune, u tetelele abantu bako abonileyo kuwe.

40 Kalokuke, Nkulunkulu wami, ma ka vuleke amehlo ako, izindhlebe zako ma zi lalele umtandazo owenziwayo ku le ndawo. 41 Kalokuke vuka, Jehova Nkulunkulu, u ye endaweni yako yokupumula, wena, nompongolo wamandhla ako: abapristi bako ma b'ambatiswe usindiso, Jehova Nkulunkulu, nabangcwele bako ma ba tokoze ngobunene. 42 E, Jehova Nkulunkulu, u nga zilandulele kogcotshiweyo wako: kumbula isihau sako ku Davida inceku yako.

7 USolomon e se qedile ukutandaza, w'ehla umlilo ezulwini, wa dhla umnikelo oshiswayo nemihlatshelo; ubucwazicwazi bu ka Jehova ba gcwalisa indhlu. 2 Abapristi ba be nge na kungena endhlini ka Jehova ngokuba ubucwazicwazi bu ka Jehova ba gcwalisa indhlu ka Jehova. 3 Aba kwa Israeli bonke ba buka ekwehleni kwomlilo, ubucwazicwazi bu ka Jehova ba ba pezu kwendhlu; ba kotama be beka pansi ubuso pezu kwomgandayo, ba kuleka, ba bonga ku Jehova, be ti, Ngokuba u mnene; ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini.

4 Inkosi nabantu bonke ba se be nikela umhlatshelo pambi ku ka Jehova. 5 Inkosi uSolomon ya nikela umhlatshelo wezinkomo ezi izinkulungwane ezi ngamashumi amabili nambili, nezimvu ezi izinkulungwane ezi ikulu namashumi amabili. Inkosi nabantu bonke b'ahlukanisela indhlu ka Nkulunkulu. 6 Abapristi b'ema, njengezikundhla zabo; nabaLevi be pete izinto zokuvuma zi ka Jehova, ez'enziwa uDavida inkosi ukubonga uJehova ngazo (ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini), lapo uDavida e dumisa ngokukonza kwabo: abapristi ba shaya amacilongo ngapambi kwabo; uIsraeli wonke w'ema. 7 Futi uSolomon wa ngcwelisa umkandhlu wegceke eli ngapambi kwendhlu ka Jehova; ngokuba wa nikela kona iminikelo eshiswayo, namanoni eminikelo yokutula, ngokuba ilati letusi ela l'enziwe uSolomon la li nga lingene umnikelo oshiswayo nomnikelo wempupu, namanoni.

8 USolomon w'enza umkosi nga leso sikati izinsuku ezi isikombisa, noIsraeli wonke kanye naye, umbutano omkulu kakulu, ku suka ekungeneni kweHamati ku ze ku be semfulaneni wa s'Egipite. 9 Ngosuku lwesishiyangalombili b'enza umhlangano ozotileyo: ngokuba ba gcina ukwahlukaniselwa kwelati izinsuku ezi isikombisa, nomkosi izinsuku ezi isikombisa. 10 Ngosuku lwamashumi amabili nantatu lwenyanga yesikombisa, wa mukisa abantu ba ye amatenteni abo, be tokoza izinhliziyo zabo zenamile ngokuhle uJehova akwenzileyo ku Davida na ku Solomon, na ku Israeli abantu bake.

11 USolomon wa qedake indhlu ka Jehova, nendhlu yenkosi nako konke okwa ngena enhliziyweni ka Solomon ukukwenza endhlini ka Jehova, na kweyake indhlu, wa pumelela kuko. 12 UJehova wa bonakala ku Solomon ebusuku, wa ti kuye, Ngi zwile umtandazo wako, ngi ziketele le ndawo i be indhlu yomhlatshelo. 13 Uma ngi vala izulu i nga biko imvula, noma ngi yala isikonyane ukuba si dhle izwe, noma ngi tuma ubadane lokufa pakati kwabantu bami; 14 uma abantu bami, aba bizwa ngegama lami, be zitoba, be tandaza, ba funе ubuso bami, ba buye ezindhleleni zabo ezimbi; ngi ya kuzwake ngi sezulwini, ngi tetelele isono sabo, ngi pilise izwe labo. 15 Manjeke amehlo ami a ya kuvuleka, nezindhlebe zami zi lalele umtandazo owenziwayo ku le ndawo. 16 Ngokuba se ngi yi ketile nga yi ngcwelisa le ndhlu, ukuba igama lami li be kona ku ze ku be nini; amehlo ami nenhliziyo yami ku ya kuba kona njalonjalo. 17 Wenake, uma u zo hamba pambi kwami njengokuhamba ku ka Davida uyihlo, w'enze

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

njengako konke engi ku yale ngako, u gcine izimiso zami namasiko ami; 18 ngi ya kumisa isihlalo sobukosi sombuso wako, njengesivumelwano sami noDavida uyihlo, ngi ti, A ku yi kunqamuka kuwe umuntu wokuba umbusi kwa Israeli.

19 Kodwa uma ni buya, ni shiye izimiso zami nemiyalo yami engi yi beke pambi kwenu, ni hambe ni konze abanye onkulunkulu, ni kuleke kubo; 20 ngi ya kubasipula ezweni lami engi ba nike lona; le ndhlu, engi yi ngcwelisele igama lami, ngi ya kuyilahla ebusweni bami, ngi y'enze i be isaga nombinqo pakati kwezizwe zonke. 21 Le ndhlu e pakeme kangaka, bonke aba dhlula kuyo ba ya kumangala, ba ti, UJehova wenzeleni okunje ku leli zwe, na ku le ndhlu na? 22 Ku ya kutiwa, Yingoba ba shiye uJehova, uNkulunkulu wa oyise, owa ba kipa ezweni la s'Egipite, ba bambelela konkulunkulu abanye, ba kuleka kubo, ba ba konza: ngakoke u lete pezu kwabo bonke lobu bubi.

8 Kwa ti ekupeleni kweminyaka e ngamashumi amabili, uSolomon a be aka ngayo indhlu ka Jehova, nendhlu yake, 2 uSolomon wa vusa imizi uSolomon a i nikwa nguHuram, wa hlalisa kona aba kwa Israeli.

3 USolomon wa ya eHamati-zoba, wa l'ahlula. 4 W'aka iTademore ehlane, nemizi yonke yokubekelela, ayakayo eHamati. 5 W'aka futi iBete-horon la senhla, neBete-horon la senzansi, imizi ebiyelweyo, e nezingange, nezicabha, nemivalo; 6 neBahalati, nemizi yonke yokubekelela a e nayo uSolomon, nemizi yonke yezinqolana zake zempi, nemizi yabakwel'amahashi bake, nako konke uSolomon a be langazelela ukukwaka eJerusalem, na seLebanon, na sezweni lonke eli buswa uye.

7 Abantu bonke aba be sele bamaHiti, namaAmori, namaPerizi, namaHivi, namaJebusi, aba nge sibo abaIsraeli; 8 abantwana babo abasalayo emva kwabo ezweni, aba kwa Israeli aba nga ba qedanga, ku bona uSolomon wa kipa isibhalo ku ze ku be namhlanje. 9 Kodwa kwaba kwa Israeli uSolomon a k'enzanga izigqili zomsebenzi wake; ba be amadoda okulwa, nezikulu zezinduna zake, nabapati bezinqolana zake zempi nabakwel'amashashi bake. 10 Lezi za zi izinduna ezinkulu zenkosi uSolomon, ezi ngamakulu amabili namashumi a isihlanu, eza pata abantu.

11 USolomon w'enyusa indodakazi ka Faro i suka emzini ka Davida ya ya endhlini a be y'akele yona; ngoba wa ti, a nge hlale umkami endhlini ka Davida inkosi ya kwa Israeli, ngokuba izindawo zi ngcwele, lapo ku ke kwa ngena kona umpongolo ka Jehova.

12 USolomon wa s'e nikela ku Jehova iminikelo eshiswayo elatini li ka Jehova, a e l'akile ngapambi kwompeme, 13 njengokudingekayo imihla ngemihla, e nikela ngokomyalo ka Moses, ngamasabata, na ngokutwasa kwezinyanga, na ngemikosi emisiweyo, katatu ngomnyaka, ngomkosi wesinkwa esi nge na mvubelo, na ngomkosi wamasonto, na ngomkosi wamatabanekele.

14 Wa misa, njengesiko li ka Davida uyise, izigaba zabapristi enkonzweni yabo, nabaLevi ezikundhleni zabo, ukudumisa nokukonza pambi kwabapristi, njengokudingekayo imihla ngemihla; nabalindimasango njengezigaba zabo emasangweni ngamasango: ngokuba uDavida umuntu ka Nkulunkulu wa e yale kanjalo. 15 A ba sukanga kuwo umyalo wenkosi ku bapristi nabaLevi na nga yipi indaba, na ngazo izingcebo.

16 Wonke umsebenzi ka Solomon wa lungiswake kwa ze kwa ba usuku lokubekwa kwesisekelo sendhlu ka Jehova, ya ze ya pela. Indhlu ka Jehova ya ti ncimiji.

17 USolomon wa se e ya eEziyongebere, na seEloti ogwini lolwandhle ezweni la kwa Edom. 18 UHuram wa m tumela imikumbi ngesandhla sabantu bake, abantu bake aba be lwazi ulwandhle; ba ya nabantu ba ka Solomon eOfire, ba tata kona ama-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Inkosikazi ya seSheba i hambela uSolomon.

talenta egolide a ngamakulu amane namashumi a isihlanu, ba wa leta enkosini uSolomon.

9 Inkosikazi ya seSheba ya t'ukuzwa udumo lu ka Solomon, y'eza ukuvivinya uSolomon ngezimfumbe eJerusalem, ya fika i nojenga olukulu kakulu, namakamelo e twele amaka, negolide eliningi, namatshe anqabileyo: ya t'ukufika ku Solomon, ya kuluma naye ngako konke okwa ku senhliziyweni yayo. **2** USolomon wa yi vezela konke eyakubuzayo; a ku bangako luto olusitekileyo ku Solomon a nga yi vezelanga lona. **3** Inkosikazi ya seSheba i si bonile ukuhlakanipa ku ka Solomon, nendhlu a be y'akile, **4** nokudhla oku setafuleni lake, nokuhlala kwezinceku zake, nokuma kwezikonzi zake, nokwambata kwazo, naba pata izitsha zake, nokwambata kwabo, nezinyatelo zokwenyuka zake enyukela ngazo endhlini ka Jehova; a kwa be ku sa bako moya kuyo. **5** Ya ti enkosini, Lwa lu qinisile udaba enga lu zwa ezweni lami ngezindaba zako, na ngokuhlakanipa kwako. **6** Noko a ngi kolwanga amazwi abo, nga ze nga fika, a bona amehlo ami; weu, bheka, a ngi tshelwanga nenxenye yobukulu bokuhlakanipa kwako: u ya dhlula udumo engaluzwayo. **7** Ba busisiwe abantu bako, zi busisiwe nezinceku zako lezi, ezi mi njalo pambi kwako, zi zwa ukuhlakanipa kwako. **8** Ma ka bongwe uJehova uNkulunkulu wako, owenamele wena ukuba a ku mise esihlalweni sobukosi sake, u be inkosi ku Jehova uNkulunkulu wako: yingokuba uNkulunkulu wako wa tanda abaIsraeli, ukubamisa ku ze ku be nini, ukuba a ku beke u be inkosi pezu kwabo, ukuba wahlulele kahle wenze okulungileyo.

9 Ya nika inkosi amatalenta egolide a ikulu namashumi amabili, namaka e maningi kakulu, namatshe anqabileyo: a ka bangako nakanye amaka a njenga lawo uSolomon inkosi a wa piwa inkosikazi ya seSheba. **10** Futi abantu ba ka Huram, nabantu ba ka Solomon, aba leta igolide li vela eOfire, ba leta imialgume namatshe anqabileyo. **11** Ngemialgume inkosi y'enza izindawo zokunyatela zendhlu ka Jehova, nezendhlu yenkosi, nezinkoka nezingubu zabahlabeleli: a i zange i bonwe pambili e njengayo ezweni la kwa Juda. **12** Inkosi uSolomon ya nika inkosikazi ya seSheba konke ekutandayo, konke ekucelayo, ngapandhle kwa loko e bi ku lete enkosini. Ya buya, ya ya ezweni layo, yona kanye nezinceku zayo.

13 Ukusinda kwegolide ela fika ku Solomon ngomnyaka u munye kwa ku amatalenta egolide a ngamakulu a isitupa namashumi a isitupa nesitupa, **14** ngapandhle kwa lelo ela letwa abahwebi nabatengisi: amakosi onke a seArabiya nababusi bezwe ba leta igolide nesiliva ku Solomon. **15** Inkosi uSolomon y'enza izihlangu ezi ngamakulu amabili zegolide elikandiweyo; amashekeli a ngamakulu a isitupa egolide elikandiweyo enza isihlangu sa sinye. **16** Y'enza amahau egolide elikandiweyo a ngamakulu amatatu: amashekeli egolide a ngamakulu amatatu enza ihau la linye; inkosi ya wa beka endhlini yehlati la seLebanon. **17** Futi inkosi y'enza isihlalo sobukosi esikulu ngezimpondo zendhlovu, ya si faka igolide elicwengekileyo. **18** Kwa ku kona izinyatelo ezi isitupa oku kwelwa ngazo esihlalweni sobukosi, zi nesigqiki sezinyawo segolide, eza zi hlanganiswe nesihlalo sobukosi, nemikono ngalapa na ngalapa kwendawo yokuhlala, izingonyama ezimbili zi mi nga secaleni kwemikono. **19** Izingonyama ezi ishumi nambili za zi mi kona ngalapa na ngalapa kwezinyatelo ezi isitupa oku kwelwa ngazo: a kwenziwanga okunjalo na ku mupi umbuso. **20** Izitsha zonke zokupuza zenkosi uSolomon za zi igolide, nezitsha zonke zendhlu yehlati la seLebanon za zi igolide uqobo; isiliva la li ngento ya luto emihleni ka Solomon. **21** Ngokuba inkosi ya i nemikumbi eya ya eTarshishi kanye

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nabantu ba ka Huram; imikumbi ya seTarshishi, ya fika kanye ngeminyaka emitatu, i tuta igolide, nesiliva, nezimpondo zendhlovu, nezimfene, namapikoko.

22 Inkosi uSolomon ya ba nkulu kunawo onke amakosi omhlaba ngengcebo na ngokuhlakanipa. 23 Onke amakosi omhlaba a funa ubuso bu ka Solomon, ukuba ezwe ukuhlakanipa kwake, uNkulunkulu a ku beke enhliziyweni yake. 24 Ba leta kwa ilowo isipo sake, izitsha zesiliva, nezitsha zegolide, nezingubo, nezikali, namaka, namahashi, nezimbongolo, okwonyaka ngeminyaka yonke. 25 USolomon wa e nezitali zamahashi nezezinqolana zempi ezi izinkulungwane ezine nabakwel'amahashi aba izinkulungwane ezi ishumi nambili, wa ku beka emizini yezinqolana zempi, na senkosini eJerusalem. 26 Wa busa onke amakosi ku suka eMfuleni ku ze ku fike ezweni lamaFilisti, na semkaulweni wa s'Egipite. 27 Inkosi y'enza isiliva eJerusalem la ba njengamatshe nje, imisedare ya y'enza ya ba njengemitombe yela senzansi, ngobuningi. 28 Ba leta ku Solomon amahashi a vela Egipite, na semazweni onke.

29 Ezinye izindaba zi ka Solomon, ezokuqala nezokugcina, angiti zi lotshiwe emazwini ka Natan umprofeti, na sesiprofetweni si ka Ahija wa seSilo, na semibonweni ka Ido umboni mayelana noJeroboam ka Nebati na? 30 USolomon wa busa eJerusalem e busa uIsraeli wonke iminyaka e ngamashumi amane. 31 USolomon wa lalake na okoko bake, wa mbelwa emzini ka Davida uyise: uRehoboam indodana yake wa busa esikundhleni sake.

10 URehoboam wa ya eShekem; ngokuba uIsraeli wonke wa e ze eShekem ukummisa a be inkosi. 2 Kwa t'uba uJeroboám ka Nebati ezwe loko, (ngokuba wa e s'Egipite, lapo wa e balekele kona e balekela ubuso bu ka Solomon inkosi), uJeroboam wa buya Egipite. 3 Ba tumela ba m biza; wa s'e fika uJeroboam noIsraeli wonke, ba kuluma ku Rehoboam, ba ti, 4 Uyihlo w'enza ijokwe letu la ba lukuni: kalokuke wena yenza lula ubugqili obulukuni bu ka yihlo, nejokwe lake elisindayo a li beka pezu kwetu, si ya kukukonzake. 5 Wa ti kubo, A no buya ni fike kimi ngasemva kwezinsuku ezintatu Ba hambake abantu.

6 Inkosi uRehoboam ya lulekana namalunga, a e mi pambi ku ka yise uSolomon e se kona, ya ti, Ni ngi luleka ngokutini ukuba ngi buyisele izwi ku laba bantu na? 7 A kuluma kuye, a ti, Uma u zo ba mnene ku laba bantu u ba kole, u kulume amazwi amahle kubo, ba ya kuba izinceku zako njalonjalo. 8 Kodwa wa shiya isiluleko samalunga a m luleka ngaso, wa lulekana nezinsizwa ezi intanga yake, ezimiyo pambi kwake. 9 Wa ti ku zona, Ni ngi luleka ngokutini ukuba si buyisele izwi ku laba bantu aba kulume kimi, be ti, Y'enza lula ijokwe uyihlo a li beka pezu kwetu? 10 Izinsiswa ezi intanga yake za kuluma kuye, za ti, Yisho loku ku laba bantu aba kulume kuwe, be ti, Uyihlo w'enza ijokwe letu la sinda, wenake l'enze li be lula kitina; wo sho loku ku bona ukuti, Ucikicane wami mkulu kunokalo lu ka baba. 11 Njengokubake ubaba wa n'etwesa ijokwe elisindayo, mina ngi za kwengeza ejokweni lenu: ubaba wa ni laya ngeziswebu, mina ngi za kunilaya nga ofezela.

12 UJeroboam nabantu bonke ba fikake ku Rehoboam ngosuku lwesitatu, njengokusho kwenkosi, i ti, A no buya ni ze kimi ngosuku lwesitatu. 13 Inkosi ya ba pendula kalukuni; inkosi uRehoboam ya shiya isiluleko samalunga, 14 ya kuluma kubo ngokwesiluleko sezinsizwa, ya ti, Ubaba w'enza ijokwe lenu la sinda, mina ngi ya kwengeza kulo: ubaba wa ni laya ngeziswebu, mina ngi za kunilaya nga ofezela. 15 Inkosi a i lalelanga abantu; ngokuba kwa ku isiwici esi vela ku Nkulunkulu, ukuze uJehova a mise izwi lake alikulumayo

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ngoAhija wa seShilo ku Jeroboam ka Nebati.

16 ½Kwa t'uba uIsraeli wonke a bone ukuti inkosi a i ba lalelanga, abantu ba buyisela izwi enkosini, ba ti, Si na sabelo sini ku Davida? a si nafa futi endodaneni ka Jese; ilowo ma ka ye etenteni lake, Israeli: manjeke zibhekele indhlu yako, Davida. UIsraeli wonke wa ya ematenteni ake. 17 Kodwa aba kwa Israeli abakileyo emizini ya kwa Juda, uRehoboam wa ba busa. 18 Inkosi uRehoboam ya se i tuma uHadoram owa e pete aba hxanyelwa umsebenzi; aba kwa Israeli ba m kanda ngamatshe wa fa. Inkosi uRehoboam ya shesha ya kwela enqolaneni yayo yempi ukuba i balekele eJerusalem. 19 UIsraeli wa yi hlamukake indhlu ka Davida ku ze ku be namhlanje.

11 Kwa ti uRehoboam e se fikile eJerusalem wa buta indhlu ya kwa Juda neya kwa Benjamin, izinkulungwane ezi ikulu namashumi a isishiyangalombili amadoda aketiweyo, a lwa impi, ukuba a yokulwa no-Israeli, ukubuyisela umbuso ku Rehoboam. 2 Kodwa izwi li ka Jehova la fika ku Shemaya umuntu ka Nkulunkulu, li ti, 3 Yisho ku Rehoboam ka Solomon, inkosi ya kwa Juda, na ku Israeli wonke noJuda noBenjamin, u ti, 4 U ti uJehova, Ni ng'enyuki, ni nga lwi nabafo wenu: buyelani ilowo endhlini yake; ngokuba le nto i vela kimina. Ba lalelake amazwi ka Jehova, ba buya ekuhlaseleni uJeroboam.

5 URehoboam wa hlala eJerusalem, w'aka imizi i be izinqaba kwa Juda. 6 W'aka iBetelehem, neEtam, neTekowa, 7 neBete-zuri, neSoko, neAdulam, 8 neGati, neMaresha, neSifi, 9 neAdorayim, neLakishe, neAzeka, 10 neZora, neAjalon, neHebron, e kwa Juda ne kwa Benjamin, imizi ebiyelweyo. 11 Wa qinisa izinqaba, wa beka izinduna kuzo, namadhladhla okudhla, namafuta newayini. 12 Kuyo yonke imizi wa beka izihlangu nemikonto, wa yi qinisa wa yi ti ngo. Ela kwa Juda nela kwa Benjamin la ba elake.

13 Abapristi nabaLevi aba be sezweni la kwa Israeli lonke b'ema naye be puma emkaulweni wonke wabo. 14 Ngoba abaLevi ba shiya amadhlelo abo nefa labo, ba ya kwa Juda na seJerusalem: ngokuba uJeroboam namadodana ake ba ba lahla, ukuba ba nga bi be sa konza ebupristini ku Jehova; 15 wa zimisela abapristi bezindawo ezipakemeyo, nabezimpongo, nabezinkonyana azenzileyo. 16 Ngasemva kwabo, kwa puma abanhliziyo zabo zi funa uJehova, uNkulunkulu wa kwa Israeli, ezizweni zonke za kwa Israeli, ba fika eJerusalem ukuhlabela uJehova, uNkulunkulu wa oyise. 17 Ba qinisa umbuso wa kwa Juda, ba simamisa uRehoboam ka Solomon, iminyaka emitatu; ngokuba ba hamba ngendhlela ka Davida noSolomon iminyaka emitatu.

18 URehoboam wa tata uMahalati indodakazi ka Jerimoti ka Davida, noAbihayili ka Eliyabe ka Jese a be umkake; 19 wa m zalela amadodana; uJewushe, noShemariya, noZaham. 20 Ngasemva kwake wa tata uMahaka ka Absalom; wa m zalela uAbija, noAtayi, noZiza, noShelomiti. 21 URehoboam wa tanda uMahaka ka Absalom pezu kwabo bonke abafazi bake nezancinza zake (ngokuba wa tata abafazi aba ishumi nesishiyangalombili nezancinza ezi ngamashumi a isitupa, wa zala amadodana a ngamashumi amabili nesishiyangalombili namadodakazi a ngamashumi a isitupa). 22 URehoboam wa misa uAbija ka Mahaka ukuba a be inhloko, isikulu pakati kwabafo wabo; ngokuba wa qonda ukumbeka inkosi. 23 W'enza ngokuhlakanipa, wa hlakaza amadodana onke ake kuwo onke amazwe a kwa Juda na kwa Benjamin, emizini yonke ebiyelweyo: wa ba nika ukudhla okuningi. Wa ba funela abafazi abaningi.

12 Kwa ti, lapo u su zinzile umbuso ka Rehoboam, e se qinile,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Itempeli li pangwa uShishaki. UAbija u lwa noJeroboam.

wa shiya umteto ka Jehova, noIsraeli wonke kanye naye. 2 Kwa ti ngomnyaka wesihlanu wenkosi uRehoboam, uShishaki inkosi ya sEgipite w'enyuka e hlasela iJerusalem, ngokuba be pambukile ku Jehova, 3 e nezinqolana zempi ezi ngamakulu a ishumi nambili, nabakwel'amahashi aba izinkulungwane ezi ngamashumi a isitupa. Abantu ba be nge na kubalwa aba puma naye Egipite: amaLubim, namaSukim, namaEtiyopiya. 4 Wa dhla imizi ebiyelweyo ya kwa Juda, wa fika eJerusalem. 5 Kwa se ku fika uShemaya umprofeti ku Rehoboam, na kuzo izikulu za kwa Juda, eza zi butene eJerusalem ngenxa ka Shishaki, wa ti ku bona, U ti uJehova, Ni ngi shiyile mina, ngakoke nami ngi ni shiyile esandhleni si ka Shishaki. 6 Izikulu za kwa Israeli nenkosi ba se be zitoba; ba ti, UJehova u lungile. 7 Wa ti uJehova ukubona ukuba ba zitobile, izwi li ka Jehova la fika ku Shemaya, li ti, Ba zitobile: a ngi yi kubabubisa; kepa ngi ya kubanika ukusinda ngesikashana oku tize; ukufuteka kwami a ku yi kutululelwa pezu kweJerusalem ngesandhla si ka Shishaki. 8 Noko ba ya kuba izikonzi zake, ukuze b'azi inkonzo yami, nenkonzo yemibuso yamazwe.

9 UShishaki inkosi ya sEgipite w'enyukake e hlasela iJerusalem, wa tata ingcebo yendhlu ka Jehova, nengcebo yendhlu yenkosi; wa tata konke: wa tata namahau egolide a be w'enzile uSolomon. 10 Inkosi uRehoboam y'enza esikundhleni sawo amahau etusi, ya wa patisa izinduna zabalindi, aba gcina umnyango wendhlu yenkosi. 11 Kwa ku ti njalo, uma inkosi i ngena endhlini ka Jehova, ku fike abalindi ba wa pate, be se be wa buyisela ekamelweni labalindi. 12 La e se zitoba, ulaka lu ka Jehova lwa buya kuye, ukuba lu nga m bubisi nya: futi kwa ku kona izinto ezilungileyo kwa Juda.

13 Inkosi uRehoboam ya ziqinisa eJerusalem, ya busa: ngokuba uRehoboam wa e neminyaka e ngamashumi amane nanye ekuqaleni kwake ukubusa, wa busa iminyaka e ishumi nesikombisa eJerusalem, umuzi awuketileyo uJehova ezizweni zonke za kwa Israeli, ukuba a beke kona igama lake: igama li ka nina la li nguNama umAmonikazi. 14 W'enza okubi, ngokuba a ka zinzisanga inhliziyo yake ekufuneni uJehova.

15 Izindaba zi ka Rehoboam, ezokuqala nezokugcina, angiti zi lotshiwe emazwini ka Shemaya umprofeti na ka Ido umboni, njengomkuba wezincwadi zomlibo wokuzalwa? Kwa ku kona izimpi pakati ku ka Rehoboam noJeroboam njalonjalo. 16 URehoboam wa lala na okoko bake, wa mbelwa emzini ka Davida: uAbija indodana yake wa busa esikundhleni sake.

13 Ngomnyaka weshumi nesishiyangalombili wenkosi uJeroboam uAbija wa qala ukubusa kwa Juda. 2 Wa busa iminyaka emitatu eJerusalem: igama li ka nina la li nguMikaya ka Uriyeli wa seGibeha. Kwa ku kona ukulwa pakati ku ka Abija noJeroboam. 3 UAbija w'oka impi e nebuto leziqwaga zokulwa, zi amadoda aketiweyo a izinkulungwane ezi ngamakulu amane: uJeroboam wa hlela impi ukulwa naye amadoda aketiweyo a izinkulungwane ezi ngamakulu a isishiyangalombili, iziqwaga ezi ngamaqawe. 4 UAbija w'ema pezu kwentaba iZemarayim, e sezintabeni za kwa Efrayim, wa ti, Ngi zweni, wena Jeroboam noIsraeli wonke: 5 Angiti nga be ni y'azi ukuti uJehova, uNkulunkulu ka Israeli, wa nika uDavida umbuso kwa Israeli ku ze ku be nini, yena namadodana ake ngesivumelwano si ka saoti na? 6 Noko uJeroboam ka Nebati, inceku ka Solomon ka Davida, u vuke, wa hlubuka inkosi yake. 7 Kwa qoqana ku yena amayiyane, amahatanga a zisimamisa ukulwa noRehoboam ka Solomon, uRehoboam e se musha inhliziyo i tambile, e nge na kuziqinisa pambi kwabo. 8 Kalokuke ni ti ni ya kuziqinisa ukulwa nombuso

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ka Jehova esandhleni samadodana ka Davida; ni isixuku esikulu, ku kona kini izinkonyana zegolide en'enzelwa zona uJeroboam zi be onkulunkulu benu. 9 A ni ba xoshanga yini abapristi ba ka Jehova, amadodana ka Aron, nabaLevi, na z'enzela abapristi njengomkuba wezizwe zamanye amazwe? ngakoke nobani ofikayo ukuzahlukanisela, e pete iduna nezinqama ezi isikombisa, lowoke a nga ba umpristi kubo aba nge sibo onkulunkulu. 10 Kodwa tina, uJehova u nguNkulunkulu wetu, a si m shiyanga; si nabapristi aba konza uJehova, amadodana ka Aron, nabaLevi emsebenzini wabo: 11 ba tunqisa ku Jehova kusasa na ngokuhlwa njalo iminikelo eshiswayo nempepo etapukayo: nesinkwa sokubhekwa ba si hlela pezu kwetafula elihle; noti lwesibani lwegolide nezibani zalo, ukuvuta njalo kusihlwa: ngoba si londa isilondolozelo si ka Jehova uNkulunkulu wetu; ninake ni m shiyile. 12 Bhekani, uNkulunkulu u nati u inhloko yetu, nabapristi bake be pete amacilongo okuhlaba umkosi ukulwa nani. Au, ba kwa Israeli, ni nga lwi noJehova, uNkulunkulu wa oyihlo; ngokuba a ni yi kuhlanhlazeleka.

13 Kodwa uJeroboam wa gwegwezisa abaqameli ukuba ba ba fikele ngasemva: ba be pambi ku ka Juda, abaqameli be ngasemva kwabo. 14 Kwa t'uba uJuda a bheke ngasemva, nansoke, impi i ngapambili na ngasemva kwabo; ba kala ku Jehova, abapristi ba shaya amacilongo. 15 A s'e hlokoma amadoda a kwa Juda: kwa t'uba amadoda a kwa Juda a hlokome, uNkulunkulu wa cita uJeroboam noIsraeli wonke ngapambi ku ka Abija noJuda. 16 Aba kwa Israeli ba baleka pambi ku ka Juda; uNkulunkulu wa ba kapela esandhleni sabo. 17 UAbija nabantu bake ba ba ceka ngokuceka okukulu: kwa wa ku bulewe amadoda aketiweyo a kwa Israelii a izinkulungwane ezi ngamakulu a isihlanu. 18 Ba vovwa kanjaloke aba kwa Israeli nga leso sikati, aba kwa Juda ba b'ahlula, ngokuba ba b'encike ku Jehova, uNkulunkulu wa oyise. 19 UAbija wa landela uJeroboam, wa dhla imizi yake, iBeteli nemizana yalo, neJeshana nemizana yalo, neEfron nemizana yalo. 20 UJeroboam a ka banga e sa tola amandhla ezinsukwini zi ka Abija: uJehova wa m shayake, wa fa. 21 Kodwa uAbija wa qina, wa tata abafazi aba ishumi nane, wa zala amadodana a ngamashumi amabili nambili, namadodakazi a ishumi nesitupa. 22 Ezinye izindaba zi ka Abija, nezindhlela zake, namazwi ake, angiti zi lotshiwe encwadini yokucaza yomprofeti uIdo.

14 UAbija wa lala na okoko bake, ba m mbela emzini ka Davida; uAsa indodana yake wa busa esikundhleni sake. Ezinsukwini zake izwe la zola iminyaka e ishumi. 2 UAsa w'enza okuhle noku te ntse emehlweni ka Jehova uNkulunkulu wake: 3 ngokuba wa susa amalati ezizwe, nezindawo ezipakemeyo, wa pahlaza izinsika, wa gaula oAshera, 4 wa yala uJuda ukuba a fune uJehova, uNkulunkulu wa oyise, enze umteto nomyalo. 5 Wa susa futi emizini yonke ya kwa Juda izindawo ezipakemeyo nemifanekiso yelanga: umbuso wa zolake pambi kwake. 6 W'aka imizi ebiyelweyo kwa Juda; ngoba izwe la li zolile, kwa ku ngeko kulwa kuye nga leyo minyaka, ngokuba uJehova wa e m pumuzile. 7 Ngoba wa ti ku Juda, Ma s'ake le mizi, si yi haqe ngezingange, nemiboshongo, nezicabha, nemivalo; izwe li se pambi kwetu nje, ngokuba si m funile uJehova uNkulunkulu wetu; si m funile, wa si pumuza inxa zonke. B'akake ba hlanhlazeleka. 8 UAsa we e nempi e pata izihlangu, nemikonto, e puma kwa Juda i izinkulungwane ezi ngamakulu amatatu; e puma kwa Benjamin, e pata amahau ne goba iminsalo, i izinkulungwane ezi ngamakulu amabili namashumi a isishiyangalombili: bonke laba ba be iziqwaga ezi ngamaqawe.

9 Kwa puma ukulwa nabo uZera

Digitized by Google Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UAsa u lwa noZera. U vusa inkolo e suswa amazwi ka Azariya.

umEtiyopiya e nempi yezinkulungwane ezi inkulungwane, nezinqolana zempi ezi ngamakulu amatatu; wa fika eMaresha. 10 Wa s'e puma uAsa ukuhlangabezana naye, kwa hlelwa impi emhosheni wa seZefata eMaresha. 11 UAsa wa teta uJehova uNkulunkulu wake, wa ti, E, Jehova, amuko ngapandhle kwako wokusiza, emkatini womkulu naye o nge namandhla: si size, Jehova Nkulunkulu wetu; ngokuba s'encike kuwe, ngegama lako si gasele lesi sixuku. E, Jehova, wena u nguNkulunkulu wetu; ma u ng'ahlulwa o ngumuntu. 12 UJehova wa cita amaEtiyopiya ngapambi ku ka Asa, na ngapambi ku ka Juda; a baleka amaEtiyopiya. 13 UAsa na bantu aba be naye ba wa landela ba ze ba fika eGerari: kwa wa ku ma-Etiyopiya amaningi a ze a nga banga na kuvuka a lwe; ngokuba a bujiswa pambi ku ka Jehova, na ngapambi kwebandhla lake; ba tuta impahla edhliweyo eningi kakulu. 14 Ba cita yonke imizi e zungeze iGerari; ngokuba y'ehlelwa uvalo ngoJehova: ba panga yonke imizi; ngokuba kwa ku kona impango eningi kakulu ku yona. 15 Ba cita futi amadhlangala ezinkomo, ba tumba izimvu eziningi, namakamelo, ba buyela eJerusalem.

15 Umoya ka Nkulunkulu wa fika ku Azariya ka Odede: 2 wa puma ukuyohlangabeza uAsa, wa ti kuye, Ngi zweni, Asa, noJuda wonke noBenjamin: uJehova u kinina, nxa ni se ku yena; uma ni m funa, u ya kufunyanwa ini; kodwa uma ni m shiya, u ya kunishiya nani. 3 Kwa se ku isikati eside uIsraeli e nge naye uNkulunkulu oyenayena, e ngeko nompristi ofundisayo, u ngeko nomteto: 4 kepa ekuxabekeni kwabo nxa be buyela ku Jehova, uNkulunkulu ka Israeli, be m funa, wa funyanwa ibo. 5 Nga lezo zikati kwa ku ngeko kutula kopumayo, na kongenayo; kwa ku kona ukudungeka okukulu kubo bonke abakileyo emazweni, 6 Ba cobozana, isizwe si lwa nesizwe, umuzi u lwa nomuzi; ngokuba uNkulunkulu wa ba dunga ngezinsizi zonke. 7 Kepa qinani, izandhla zenu a zi nga yeketisi; ngokuba umsebenzi wenu u ya kuvuzwa.

8 Kwa t'uba uAsa ezwe lawa mazwi, nesiprofeto si ka Odede umprofeti, wa zimisa isibindi, wa susa amanyala ezweni lonke la kwa Juda nela kwa Benjamin, na semizini ayitatileyo kwela sezintabeni za kwa Efrayim; wa vusa ilati li ka Jehova, ela li ngapambi kwompeme ka Jehova. 9 Wa qoqa uJuda wonke noBenjamin, naba te gozololo kubo be vela kwa Efrayim na kwa Manase, na kwa Simeon: ngokuba ba hlubukela kuye be vela kwa Israeli be baningi, se be bonile ukuba uJehova uNkulunkulu wake u naye. 10 Ba qoqanake eJerusalem ngenyanga yesitatu, ngomnyaka weshumi nesihlanu wokubusa ku ka Asa. 11 Ba hlabela uJehova nga lolo suku, okwempango abayiletileyo, izinkomo ezi ngamakulu a isikombisa nezimvu ezi izinkulungwane ezi isikombisa. 12 Ba ngena esivumelwaneni sokufuna uJehova, uNkulunkulu wa oyise, ngenhliziyo yonke yabo na ngompefumulo wonke wabo; 13 nokuba ongamfuniyo uJehova, uNkulunkulu ka Israeli, a bulawe, noma e mncame noma e mkulu, noma owesilisa noma owesifazana. 14 Ba funga ku Jehova ngezwi elikulu, na ngokuhlokoma, na ngamacilongo, na ngemitshingo. 15 UJuda wonke wa jabula ngesifungo; ngokuba ba be fungile ngenhliziyo yonke yabo, ba m funa ngentando yonke yabo; wa funyanwa ibo: uJehova wa ba pumuza inxa zonke.

16 Futi wa susa uMahaka, unina ka Asa inkosi, ebundhlovukazini, ngokuba wa enze isitombe esi umhlola si be uAshera; uAsa wa gaula isitombe sake, wa si colisisa, wa si shisa nga semfulaneni iKidron. 17 Kodwa izindawo ezipakemeyo a zi suswanga kwa Israeli: noko inhliziyo ka Asa ya i pelele izinsuku zonke zake. 18 Wa ngenisa endhlini ka Nkulunkulu izinto eza ngcweliswa uyise, neza ngcweliswa uyena, isiliva, negolide,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U lwa noBasha. U kuzwa ngoba e hlangana neSiriya. UJehoshafati.

nezimpahla. 19 A kwa be ku sa bako mpi kwa za kwa ba semnyakeni wamashumi amatatu nesihlanu wokubusa ku ka Asa.

16 Ngomnyaka wamashumi amatatu nesitupa wokubusa ku ka Asa, uBasha inkosi ya kwa Israeli, w'enyuka e hlasela kwa Juda, w'aka iRama, ukuze a ngá vumeli muntu ukupuma nokungena ku Asa inkosi ya kwa Juda. 2 UAsa wa s'e kipa isiliva negolide engcebweni yendhlu ka Jehova neyendhlu yenkosi, wa li tumela ku Benhadadi inkosi ya seSiriya, owa e hlala eDamaseku, e ti, 3 Ku kona isivumelwano pakati kwami nawe, njengaloku sa si kona pakati ku ka baba noyihlo: bheka, ngi ku tumele isiliva negolide; hamba, u shafise isivumelwano sako noBasha inkosi ya kwa Israeli, ukuze a muke kimi. 4 UBenhadadi wa lalela inkosi uAsa, wa tuma izinduna zempi yake zi hlasela imizi kwa Israeli; za cita iIjon, neDan, neAbeli-mayim, nayo yonke imizi yokubekelela ya kwa Nafetali. 5 Wa ti, uBasha ukuzwa loko, wa yeka ukwaka iRama, nomsebenzi wake wa kauka. 6 UAsa inkosi wa s'e tata uJuda wonke; ba tuta amatshe eRama, nemiti yalo uBasha a be ake ngako; w'aka ngako iGeba neMizpa.

7 Nga leso sikati kwa fika uHanan umboni ku Asa inkosi ya kwa Juda, wa ti kuye, Ngokuba u ncike enkosini ya seSiriya, u ng'encikanga ku Jehova uNkulunkulu wako, ngako impi yenkosi ya seSiriya i punyukile esandhleni sako. 8 AmaEtiyopiya nama-Lubim a be nge siyo impi enkulu na? e nezinqolana zempi nabakwel'amahashi abaningi kakulu na? noko, ngokuba w'encika ku Jehova, wa wa kapela esandhleni sako. 9 Ngokuba amehlo ka Jehova a ya qalaza emhlabeni wonke, ukuziqinisa ngenxa yabo abanhliziyo i pelele kuye. Ku lokuke u ntumazele; ngokuba ku sukela manje u ya kuba nezimpi njalo. 10 UAsa wa s'e cunuka ngomboni, wa m valela endhlini yezitokisi; ngokuba wa e m dhlobele nga le ndaba. UAsa wa pata ngoshaba abanye babantu nga leso sikati.

11 Bheka, izindaba zi ka Asa, ezokuqala nezokugcina, nazi zi lotshiwe encwadini yamakosi a kwa Juda na kwa Israeli. 12 UAsa wa ba nesifo ezinyaweni zake ngomnyaka wokubusa kwake wamashumi amatatu nesishiyangalolunye; sa si sikulu kakulu isifo sake; noko a ka funanga uJehova esifweni sake, wa funa izinyanga. 13 UAsa wa lala na okoko bake, wa fa ngomnyaka wokubusa kwake wamashumi amane nanye. 14 Ba m mbela ematuneni ake, a e ziqopele wona emzini ka Davida, ba m lalisa embedeni o gcwele ipunga elimnandi nezinhlobonhlobo zamaka ezi lungiswe abaqoli: ba m shisela impepo eningi.

17 UJehoshafati indodana yake wa busa esikundhleni sake, wa ziqinisa nga ku Israeli .2 Wa beka izimpi kuyo yonke imizi ebiyelweyo ya kwa Juda, w'aka amakanda ezweni la kwa Juda, na semizini ya kwa Efrayim, eya i dhliwe nguAsa uyise. 3 UJehova wa e noJehoshafati, ngoba wa hamba ngezindhlela zokuqala zi ka Davida uyise, a ka funanga oBale, 4 wa funa uNkulunkulu ka yise, wa hamba ngemiyalo yake, ku nge ngokwezenzo zabaIsraeli. 5 Ngakoke uJehova wa qinisa umbuso esandhleni sake; uJuda wonke wa leta izipo ku Jehoshafati; wa e nengcebo nodumo ngokukulu. 6 Inhliziyo yake ya pakanyiswa ezindhleleni zi ka Jehova: futi wa susa kwa Juda izindawo ezipakemeyo na oAshera.

7 Futi ngomnyaka wesitatu wokubusa kwake wa tumela isikulu zake, uBen-hali, noObadiya, noZekariya, noNetaneli, noMikaya, zi yo fundisa emizini ya kwa Juda; 8 zi nabaLevi, uShemaya, noNetaniya, noZebadiya, noAsaheli, noShemiramoti, noJehonatan, noAdonija, noTobija, noTobadonija, abaLevi; be noElishama noJehoram, abapristi. 9 Ba fundisa kwa Juda, be nencwadi yomteto ka Jehova; ba zungeza emi-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ubukosi bu ka Jehoshafati. Yena noAhabi ba buza ku baprofeti.

zini yonke ya kwa Juda, ba fundisa abantu.

10 Uvalo ngoJehova lw'ehlela imibuso yonke yamazwe a zungeze ela kwa Juda, a ya lwa noJehoshafati. 11 Abanye ku maFilisti ba leta izipo ku Jehoshafati, nesiliva lokutela; naba seArabiya ba m letela imihlambi, izinqama ezi izinkulungwane ezi isikombisa namakulu a isikombisa, nezimpongo ezi izinkulungwane ezi isikombisa namakulu a isikombisa. 12 UJehoshafati wa ya ngokukula kakulu; w'aka izinqaba kwa Juda nemizi yokubekelela. 13 Wa e nemisebenzi eminingi emizini ya kwa Juda; wa e namadoda okulwa, iziqwaga ezi ngamaqawe, eJerusalem. 14 Yiloku ukubalwa kwabo, njengezindhlu za oyise: kwa Juda, izinduna zezinkulungwane: uAdena induna, e neziqwaga ezi ngamaqawe ezi izinkulungwane ezi ngamakulu amatatu; 15 wa landelwa uJehohanan induna, e nezinkulungwane ezi ngamakulu amabili namashumi a isishiyangalombili; 16 wa landelwa uAmasiya ka Zikri, owa zinikela e qutshwa inhliziyo ku Jehova; e neziqwaga ezi ngamaqawe ezi izinkulungwane ezi ngamakulu amabili. 17 Kwa Benjamin: uEliyada isiqwaga esi yiqawe, e naba pete iminsalo nezihlangu aba izinkulungwane ezi ngamakulu amabili; 18 wa landelwa uJehozabadi e nezinkulungwane ezi ikulu namashumi a isishiyangalombili be hlomele impi. 19 Yilaba aba konza inkosi, ngapandhle kwa labo aba bekwa inkosi emizini ebiyelweyo kulo lonke la kwa Juda.

18 UJehoshafati wa e nengcebo nodumo ngokukulu; w'endiselana noAhabi. 2 Emva kweminyaka etile w'ehlela ku Ahabi eSamariya. UAhabi wa m hlabisa izimvu nezinkomo eziningi, nabantu a e nabo, wa m wota ukuba enyuke naye ba ye eRamoti-giliyadi. 3 UAhabi inkosi ya kwa Israeli wa ti ku Jehoshafati inkosi ya kwa Juda, U zo hamba nami yini si ye eRamoti-giliyadi na? Wa m pendula wa ti, Mina ngi njengawe, abantu bami ba njengabantu bako; so ba kanye nawe empini.

4 Wa ti uJehoshafati enkosini ya kwa Israeli, A ke u buze kuqala, izwi li ka Jehova. 5 Inkosi ya kwa Israeli ya se i qoqa abaprofeti, abantu aba ngamakulu amane, ya ti kubo, Si hambe yini si gasele iRamoti-giliyadi kuko ngi yeke na? Ba ti, Yenyuka; ngokuba uNkulunkulu u ya kulikapela esandhleni senkosi. 6 Kepa uJehoshafati wa ti, A ku seko mprofeti ka Jehova yini lapa, si buze kuye na? 7 Inkosi ya kwa Israeli ya ti ku Jehoshafati, Ku se kona umuntu munye esi nga buza ku Jehova ngaye: kepa ngi ya m zonda; ngokuba a ka z'a nga profeta okuhle ngami, u profeta okubi njalo: lo nguMikaya ka Imla. UJehoshafati wa ti, Inkosi ma i nga sho njalo. 8 Inkosi ya kwa Israeli ya se i biza induna, ya ti, Putuma u lande uMikaya ka Imla. 9 Inkosi ya kwa Israeli noJehoshafati inkosi ya kwa Juda a e hlezi ileyo esihlalweni sayo sobukosi, embete izingubo zawo zobukosi, enkundhleni nga sentubeni yesango la seSamariya; abaprofeti bonke ba be profeta pambi kwawo. 10 UZedekiya ka Kenahana wa z'enzela izimpondo zensimbi wa ti, U ti uJehova, Nga lezi u ya kuqubusha amaSiriya, a ze a qedwe. 11 Abaprofeti bonke ba profeta kanjalo, ba ti, Yenyukela eRamoti-giliyadi, u hlanhlazeleke; ngoba uJehova u ya kulikapela esandhleni senkosi.

12 Isigijimi esa ya kubiza uMikaya sa kuluma kuye, sa ti, Bheka, amazwi abaprofeti a kuluma okuhle enkosini ngamlomo munye: elako izwi ma li be njengelinye lawabo, u kulume okuhle. 13 Wa ti uMikaya, E kona uJehova, loko uNkulunkulu wami akushoyo, ngi ya kukuluma kona. 14 Kwa t'uba a fike enkosini, inkosi ya ti kuye, Mikaya, si hambe yini si gasele iRamoti-giliyadi kuko ngi yeke na? Wa ti, Yenyukani, ni hlanhlazeleke; ba ya kukashelwa esandhleni senu. 15 Ya ti ke inkosi

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UMikaya u ya ba xwayisa. UAhabi u fela empini.

kuye, Ko ze ku be izikati ezingaki ngi ku fungisa ukuba u nga kulumi luto kimina kupela iqiniso egameni li ka Jehova na? 16 Wa ti, Nga bona uIsraeli wonke e hlakazekile ezintabeni, njengezimvu ezi nge na malusi: uJehova wa s'e ti, Laba a ba nayo inkosi; ma ba pindele ilowo endhlini yake ngokutula. 17 Inkosi ya kwa Israeli ya ti ku Jehoshafati, Angiti ngi ku tshelile ukuti a nge ze a nga profeta okuhle ngami, okubi kupela na? 18 Wa ti uMikaya, Ngakoke yizwani izwi li ka Jehova: Nga bona uJehova e hlezi esihlalweni sake sobukosi, ibandhla lonke la sezulwini li mi nga kwesokunene na nga kwesokohlo sake. 19 UJehova wa ti, Ubani o ya kuwunga uAhabi inkosi ya kwa Israeli, ukuba enyuke a we eRamoti-giliyadi na? Omunye wa kuluma e sho loku, nomunye e sho loku. 20 Kwa puma umoya, w'ema pambi ku ka Jehova, wa ti, Ngi ya kumwunga mina. Wa ti uJehova kuye, Ngantoni? 21 Wa ti, Ngi za kupuma, ngi be umoya wamanga emlonyeni wabaprofeti bake bonke. Wa ti, U ya kumwunga, u m ahlule: pumake, w'enze njalo. 22 Ngakoke, bheka, uJehova u fakile umoya wamanga emlonyeni wa laba profeti bako; uJehova u kulumile okubi ngawe.

23 Wa s'e sondela uZedekiya ka Kenahana, wa shaya uMikaya esihlatini, wa ti, Umoya ka Jehova u dhlule nga yipi indhlela e suka kimi ukuba a kulume kuwe? 24 Wa ti uMikaya, Bheka, wo bona nga lolo suku, o ngena ngalo ekamelweni eli ngapakati u casha. 25 Inkosi ya kwa Israeli ya ti, M tateni uMikaya, ni m buyisele ku Amon umbusi womuzi, na ku Jowashe indodana yenkosi; 26 ni ti, I ti inkosi, Fakani lo mfo endhlini yeziboshwa, ni mu pe isinkwa sobandezelweyo namanzi obandezelweyo, ngi ze ngi buye ngokutula. 27 Wa ti uMikaya, Uma u buya nokubuya ngokutula, wo ba uJehova ka kulumanga ngami. Wa ti, Yizwani, nina bantu nonkana.

28 Inkosi ya kwa Israeli noJehoshafati inkosi ya kwa Juda enyukela eRamoti-giliyadi. 29 Inkosi ya kwa Israeli ya ti ku Jehoshafati, Ngi ya kuzenza umuntu mumbe, ngi ngene ekulweni; wena wambate izingubo zako zobukosi. Inkosi ya kwa Israeli ya z'enza umuntu mumbe; ba ngena ekulweni. 30 Kepake inkosi yamaSiriya ya bi yalile izinduna zezinqolana zayo zempi ya ti, Ni nga lwi nomcane nomkulu, kupela inkosi ya kwa Israeli. 31 Kwa t'ubake, izinduna zezinqolana zi m bone uJehoshafati, za ti, u yinkosi ya kwa Israeli lo. Za penduka ukulwa naye: kodwa uJehoshafati wa mbongoza, uJehova wa m siza; uNkulunkulu wa zi wota ukuba zi muke kuye. 32 Kwa t'uba izinduna zezinqolana zi bone ukuba a ku siyo inkosi ya kwa Israeli, za buya ekumlandeleni kwazo. 33 Umuntu otize wa donsa umnsalo wake e funisela nje, wa shaya inkosi ya kwa Israeli ekuhlanganeni kwebantshi layo lensimbi: ya se i ti ku mshayeli wenqolana yempi, Cezula amashashi ngesandhla sako, u ngi kipe empini; ngokuba ngi kutshaziwe kabi. 34 Ukulwa kwa kula nga lolo suku: kodwa inkosi ya kwa Israeli ya zisekela enqolaneni i bhekene namaSiriya kwa ze kwa hlwa; ngesikati sokushona kwelanga ya fa.

19 UJehoshafati inkosi ya kwa Juda wa buyela endhlini yake eJerusalem ngokutula. 2 UJehu ka Hanani umboni wa puma ukumhlangabeza, wa ti enkosini uJehoshafati, Ku fanele yini ukuba u size amashinga, u tande aba zonda uJehova na? nga le nto ulaka lu pezu kwako lu vela ku Jehova. 3 Nokoke ku funyanwa izinto ezilungileyo kuwe, loku u kukule oAshera ezweni, wa zinzisa inhliziyo yako ukufuna uNkulunkulu.

4 UJehoshafati wa hlala eJerusalem: wa buya wa puma wa ya pakati kwabantu ku suka eBere-sheba ku ya ezintabeni za kwa Efrayim, wa ba buyisela ku Jehova, uNkulunkulu wa oyise. 5 Wa misa abahluli ezweni kuyo yonke imizi ebiyelweyo ya kwa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UJehoshafati u misa abahluli. U kuleka e welwa uMoabe noAmon.

Juda, umuzi ngomuzi, 6 wa ti ku bahluli, Bhekani enikwenzayo: a n'ahluleli ngenxa yabantu nahlulela ngenxa ka Jehova; u kini futi ekwahluleleni. 7 Kalokuke uvalo ngo-Jehova ma lu be kini; qapelani ni kwenze: ngokuba a kuko ukungalungi ku Jehova uNkulunkulu wetu, nokuketa ubuso, nokutata umvuzo.

8 Futi uJehoshafati wa misa eJerusalem ku baLevi nabapristi, nezinhloko zezindhlu za oyise za kwa Israeli, abokwahlulela ku ka Jehova, nabokwahlulela izingxabano. Ba buyelake eJerusalem. 9 Wa ba yala, wa ti, A no kwenza kanje ngokwesaba uJehova, ngokwetembeka, na ngenhliziyo epeleleyo. 10 Yonke ingxabano e fika kinina i vela ku bafo wenu aba hlala emizini yabo, pakati kwegazi negazi, pakati kwomteto nomyalo, izimiso namasiko, no ba xwayisa, ukuba ba nga bi na cala ku Jehova, n'ehlelwe ulaka nina nabafo wenu: n'enze loku, a ni yi kuba na cala. 11 Futi, bhekani, uAmariya umpristi omkulu u pezu kwenu kuzo zonke izindaba zi ka Jehova; uZebadiya ka Ishmayeli, umbusi wendhlu ka Juda, kuzo zonke izindaba zenkosi: futi abaLevi ba ya kuba izinduna pambi kwenu. Yibani nesibindi n'enze, uJehova ma ka be nabalungileyo.

20 Kwa ti ngasemva kwa loku, aba kwa Moabe, naba kwa Amon, be nabanye bamaAmon, b'eza ku Jehoshafati be zokulwa. 2 Kwa se ku fika abanye ba tshela uJehoshafati, ba ti, Ku za isixuku esikulu si ku hlasela si puma ngapesheya kwolwandhle eSiriya; bheka, ba se se-Hazazontamari (eli iEngedi). 3 Wa s'esaba uJehoshafati, wa bhekisa ubuso bake ekufuneni uJehova; wa memezela ukuzila ukudhla kulo lonke la kwa Juda. 4 UJuda wa qoqana, ukucela usizo ku Jehova: ba puma kuyo yonke imizi ya kwa Juda be funa uJehova.

5 UJehoshafati w'ema embutanweni wa kwa Juda neJerusalem, endhlini ka Jehova, ngapambi kwegceke elisha; 6 wa ti, E, Jehova, Nkulunkulu wa obaba, a u siye uNkulunkulu ezulwini na? a u siye umbusi pezu kwemibuso yonke yezizwe na? esandhleni sako ku kona amandhla nobuqwaga, a kako o nga melana nawe. 7 E Nkulunkulu wetu, a u xoshanga yini abakileyo ku leli zwe pambi kwabantu bako uIsraeli? wa li nika inzalo ka Abraham isihlobo sako ku ze ku be nini na? 8 Ba hlala kulo, ba kwakela kulo indhlu engcwele i be eyegama lako, be ti, 9 Uma si fikelwa okubi, inkemba, nokwahlulela, nobadane lokufa, nendhlala, si ya kuma ngapambi kwa le ndhlu, na ngapambi kwako (ngokuba igama lako li ku le ndhlu), si kale kuwe osizini lwetu, u zweke wena u sindise. 10 Manjeke, namba aba kwa Amon naba kwa Moabe nab'entaba iSehire, o nga vumanga ukuba abaIsraeli ba ba ngenele, ekupumeni kwabo ezweni la sEgipite, kodwa ba ba cezukela, a ba ba shabalalisanga; 11 bhekake, ukusivuza kwabo, be ze kusixosha efeni lako, o si nike lona ukuba si li dhle. 12 E, Nkulunkulu wetu, a u yi kubahlulela na? ngoba a si namandhla okulwa na lesi sixuku esikulu esisifikelayo; ka s'azi futi ukuti si ng'enze njani: kepa amehlo etu a kuwe. 13 UJuda wonke w'ema pambi ku ka Jehova, nezingane zabo, nabafazi babo, nabantwana babo.

14 Wa se u fika umoya ka Jehova ku Jahaziyeli ka Zekariya, ka Benaya, ka Jehiyeli, ka Mataniya, umLevi, wamadodana ka Asafu, ngapakati kwombutano; 15 wa ti, Yizwani, nina nonke Juda, nabakileyo eJerusalem, nawe nkosi Jehoshafati: U ti uJehova kinina, Ni ng'esabi, ni nga papateki, ngenxa ya lesi sixuku esikulu; ngokuba impi a siyo eyenu, nge ka Nkulunkulu. 16 Ngomuso yehlelani kubo: bheka, ba y'enyuka ngommango wa seZizi, no ti ni ba fumane ekugcineni kwesihlambo, pambi kwehlane la seJeruweli. 17 A ku siko okwenu ukulwa ku le mpi: zihleleni, ni me ni tule, ni bone usindiso lu ka Jehova kini, Juda ne-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Jerusalem; ni ng'esabi ni nga papateki: pumelani kubo ngomuso; ngokuba uJehova u nani. **18** UJehoshafati wa kotamisa ikanda e beka pansi ubuso; noJuda wonke nabakileyo eJerusalem ba ti mbo pansi pambi ku ka Jehova, be kuleka ku Jehova. **19** AbaLevi, baba kwa Kohati naba kwa Kora, ba sukuma ukudumisa uJehova, uNkulunkulu ka Israeli ngezwi elikulu kakulu.

20 Ba vukake ekuseni, ba pumela ehlane la seTekowa: ku te be sa puma, uJehoshafati w'ema wa ti, Ngi zweni, Juda, nabakileyo eJerusalem; kolwani uJehova uNkulunkulu wenu, yikona ni ya kuqiniswa; kolwani abaprofeti bake, yikona ni ya kuhlanhlazeleka. **21** Ku te e se lulekene, nabantu, wa misa aba za kuhlabelelela uJehova, ba dumise be hlobile okungcwele, ekupumeni kwabo ngapambi kwempi, ba ti, Bongani uJehova; ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini. **22** Ku te lapo be qala ukwenanezela nokudumisa, uJehova wa misa abokuqamela aba kwa Amon, naba kwa Moabe, nabentaba iSehire, aba be hlasele aba kwa Juda: ba bulawake. **23** Ngokuba aba kwa Amon naba kwa Moabe ba melana nabakileyo entabeni iSehire, ukuba ba ba shaye ba ba bhuqe ba ba shabalalise: kwa ti se be qedile abakileyo eSehire, ba melana bodwa ukucoboshisana.

24 Wa ti uJuda ukufika emboni sweni ya sehlane, ba buka isixuku; bheka, kwa ku izidumbu nje zi dindilizile pansi, ku nga sindanga noyedwa. **25** Ku te uJehoshafati nabantu bake se be fike ukugcugca impango yabo, ba fumanisa pakati kwabo impahla eningi nezidumbu, nezivunulo ezinxanelekayo, ba zihlubulela zona, ba ze b'ahlulwa ukuzitwala: ba ba nezinsuku ezintatu be gcugca impango, ngobuningi bayo. **26** Ngosuku lwesine ba butana esigodini sa se Beraka; ngoba ba bonga uJehova kona: igama la leyo ndawo la bizwa ngokuti, Isigodi sa seBeraka ku ze ku be namhlanje. **27** Ba se be buya, amadoda onke a kwa Juda naba seJerusalem, uJehoshafati e senhloko yabo, be buyela eJerusalem ngokutokoza; ngokuba uJehova wa e ba tokozisile pezu kwezita zabo. **28** Ba fikake eJerusalem endhlini ka Jehova be pete izingubu nezinkoka namacilongo. **29** Uvalo ngoNkunkulu lwa fikela imibuso yonke yamazwe, lapo se i zwile ukuba uJehova u lwe nezita zi ka Israeli. **30** Wa zolake umbuso ka Jehoshafati; ngokuba uNkunkulu wake wa m pumuza inxa zonke.

31 UJehoshafati wa busa kwa Juda: wa e neminyaka e ngamashumi amatatu nesihlanu ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa iminyaka e ngamashumi amabili nesihlanu eJerusalem: igama li ka nina la li nguAzuba ka Shilehi. **32** Wa hamba ngendhlela ka Asa uyise, ka pambukanga kuyo, wenza oku te ntse emehlweni ka Jehova. **33** Noko izindawo ezipakemeyo a zi suswanga; futi abantu ba be nga ka zinzisi izinhliziyo zabo ku Nkulunkulu wa oyise. **34** Ezinye izindaba zi ka Jehoshafati, ezokuqala nezokugcina, bheka, zi lotshiwe emazwini ka Jehu ka Hanani, afakiweyo encwadini yamakosi a kwa Israeli.

35 Ngasemva kwa loku uJehoshafati wa zihlanganisa noAhaziya inkosi ya kwa Israeli; owa e lishinga elikulu: **36** wa zihlanganisa naye ukwenza imikumbi yokuya eTarshishi, ba y'enza imikumbi eEziyon-gebere. **37** UEliyezere ka Dodavahu wa seMaresha wa s'e profeta ngoJehoshafati, e ti, Ngokuba u zihlanganise noAhaziya, uJehova u dilizile imisebenzi yako. Imikumbi y'apulwa, a ya ba namandhla ukuya eTarshishi.

21 UJehoshafati wa lala na okoko bake, w'embelwa na okoko bake emzini ka Davida; uJehoram indodana yake wa busa esikundhleni sake. **2** Wa e nabafo wabo, amadodana ka Jehoshafati: uAzariya, noJehiyeli, noZekariya, noAzariya, noMikayeli, noShefatiya; bonke laba ba be amadodana ka Jehoshafati inkosi ya kwa Israeli. **3** Uyise wa ba nika izipo ezikulu zesiliva, nego-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UJehoram u hlubukwa uEdom. **U kuzwa uElija. Ukufa kwake.**

lide, nezinto ezinqabileyo, nemizi ebiyelweyo ya kwa Juda: kodwa umbuso wa wu nika uJehoram, ngokuba yena wa e izibulo. 4 Kwa ti uJehoram e se mi embusweni ka yise, e se ziqinisile, wa bulala bonke abafo wabo ngenkemba, nabanye bezikulu za kwa Israeli. 5 UJehoram wa e neminyaka e ngamashumi amatatu nambili ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa iminyaka e isishiyangalombili eJerusalem. 6 Wa hamba endhleleni yamakosi a kwa Israeli, njengokwenza kwendhlu ka Ahabi, ngokuba indodakazi ka Ahabi, ya i umkake: w'enza okubi emehlweni ka Jehova. 7 Noko uJehova ka vumanga ukucita indhlu ka Davida ngenxa yesivumelwano asenzayo noDavida, njengokwetembisa kwake ukumnika isibani na ku bantwana bake njalonjalo.

8 Ezinsukwini zake uEdom wa hlamuka pansi kwesandhla si ka Juda ba zibekela inkosi. 9 UJehoram wa s'e dhlulela nezinduna zake, izinqolana zonke zake zempi zi kanye naye: wa suka ebusuku, wa cita amaEdom amhaqileyo, nezinduna zezinqolana zempi. 10 UEdom wa hlamukake pansi kwesandhla si ka Juda ku ze ku be namhlanje: neLibena la hlamuka nga leso sikati pansi kwesandhla sake, ngokuba wa e shiye uJehova, uNkulunkulu wa oyise.

11 Futi w'enza izindawo ezipakemeyo ezintabeni za kwa Juda, wa febisa abakileyo eJerusalem, w'edusa uJuda. 12 Kwa fika ku yena incwadi i puma ku Elija umprofeti, i ti, U ti uJehova, uNkulunkulu ka Davida uyihlo, Ngokuba a u hambanga ngendhlela ka Jehoshafati uyihlo, na ngendhlela ka Asa inkosi ya kwa Juda, 13 u suke wa hamba ngendhlela yamakosi a kwa Israeli, wa febisa uJuda nabakileyo eJerusalem, njengokufeba kwendhlu ka Ahabi, wa bulala futi abafo wenu bendhlu ka yihlo, abalungileyo kunawe: 14 bheka, uJehova u ya kushaya abantu bako ngesifo esikulu, nabantwana bako, nabafazi bako, nayo yonke impahla yako; 15 nawe u ya kugula kakulu ngesifo ematunjini ako, a ze a pume amatumbu ako ngenxa yokugula, imihla ngemihla.

16 UJehova wa wa vusa umoya amaFilisti, namaArabiya aba secaleni kwamaEtiyopiya ukuba a lwe noJehoram: 17 b'enyuka be hlasela ela kwa Juda, ba fohlela kulo, ba tumba yonke impahla eya funyanwa endhlini yenkosi, namadodana ayo futi, nabafazi bayo; a kwa sala ndodana kuyo, kupela uJehowahazi omncane emadodaneni ayo.

18 Ngasemva kwako konke loku uJehova wa m shaya ematunjini ake ngesifo esi nge na kwelashwa. 19 Kwa ti, se ku dhlule isikati, ekupeleni kweminyaka emibili, a puma amatumbu ake ngenxa yokugula kwake, wa fa-ke ngezifo ezimbi. Abantu bake a ba m shiselanga luto, njengokushisela kwabo oyise. 20 Wa e neminyaka e ngamashumi amatatu nambili ekuqaleni kwake ukubusa, wa busa iminyaka e isishiyangalombili eJerusalem: wa muka e nga funwa muntu; ba m mbela emzini ka Davida, kepa ku nge siko ematuneni amakosi.

22 Abakileyo eJerusalem ba beka uAhaziya indodana yake encane a be inkosi esikundhleni sake; ngokuba iviyo lamadoda ela fika ekamu kanye namaArabiya la li bulele bonke abakuluwe bake. Wa busake uAhaziya ka Jehoram inkosi ya kwa Juda. 2 UAhaziya wa e neminyaka e ngamashumi amane nambili ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa umnyaka wa ba munye eJerusalem: igama li ka nina la li nguAtaliya indodakazi ka Omri. 3 Naye wa hamba ngendhlela yendhlu ka Ahabi, ngokuba unina wa e cebisana naye ekushingeni. 4 W'enza okubi emehlweni ka Jehova, njengendhlu ka Ahabi; ngokuba ba be cebisana naye emva kwokufa ku ka yise, be m bubisa. 5 Wa hamba futi ngecebo labo, wa hamba noJehoram ka Ahabi inkosi ya kwa Israeli ukuyokulwa noHazayeli inkosi ya seSiriya eRamoti-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

giliyadi: amaSiriya a kubaza uJoram. 6 Wa s'e buyela eJezereli ukuba elashwe amanxeba a e m kubaze ngawo eRama ekulweni kwake noHazayeli inkosi ya seSiriya. UAzariya ka Jehoram inkosi ya kwa Juda w'ehlela eJezereli ukuyobona uJehoram ka Ahabi ngokuba wa e gula.

7 Ukububa ku ka Ahaziya kwa vela ku Nkulunkulu, ngokuba wa ya ku Joram: ngokuba ekufikeni kwake wa puma kanye noJehoram be ya kulwa noJehu ka Nimshi, a e m gcobele uJehova ukuba a nqume indhlu ka Ahabi. 8 Wa ti, uJehu e feza ukwahlulelwa kwendhlu ka Ahabi, wa fumana izikulu za kwa Juda, namadodana abafo wabo ba ka Ahaziya, e konza uAhaziya, wa ba bulala. 9 Wa m funa uAhaziya, ba m bamba (wa e cashe eSamariya), ba m leta ku Jehu, ba m bulala; ba m mbela, ngokuba ba ti, U yindodana ka Jehoshafati, owa funa uJehova ngenhliziyo yonke yake. Indhlu ka Ahaziya ya i nge namandhla okugcina umbuso.

10 Kwa t'uba uAtaliya unina ka Ahaziya a bone ukuti indodana yake i si file, wa suka wa bubisa yonke inzalo yobukosi yendhlu ka Juda. 11 Kodwa uJehoshabeyati, indodakazi yenkosi, wa tata uJowashe ka Ahaziya, wa m eba pakati kwamadodana enkosi a be bulawa, wa m beka kanye nomzanyana wake ekamelweni lokulala. UJehoshabeyati, indodakazi yenkosi uJehoram, umka Jehoyada umpristi (ngokuba wa e ngudade wabo ka Ahaziya), wa m sitelisake ku Ataliya, ukuze a nga m bulali. 12 Wa e kona kubo e tukusiwe endhlini ka Nkulunkulu iminyaka e isitupa: UAtaliya wa busa izwe.

23 Ngomnyaka wesikombisa uJehoyada wa ziqinisa, wa tata izinduna zamakulu, uAzariya ka Jeroham, noIshmayeli ka Jehohanan, noAzariya ka Obede, noMahaseya ka Adaya, noElishafati ka Zikri, w'enza isivumelwano nabo. 2 Ba zungeza kwela kwa Juda, ba qoqa abaLevi kuyo yonke imizi ya kwa Juda, nezinhloko zezindhlu za oyise kwa Israeli, ba fika eJerusalem. 3 Umbutano wonke w'enza isivumelwano nenkosi endhlini ka Nkulunkulu. Wa ti kuwo, Bhekani, indodana yenkosi i ya kubusa, njeng'okwa kulunywa uJehova ngamadodana ka Davida. 4 Nansike into eni za kuyenza: abesitatu kini, abangenayo ngesabata, babapristi nabaLevi, ba za kuba abalind'iminyango: 5 abesitatu ba za kuba nga sendhlini yenkosi; nabesitatu esangweni lesisekelo: abantu bonke ba be semagcekeni endhlu ka Jehova. 6 Kepa ku ze ku nga ngeni noyedwa endhlini ka Jehova, kupela abapristi, nabo abakonzayo ku baLevi; ba ya kungena bona, ngokuba ba ngcwele: abantu bonke ba ya kulonda isilondolozelo si ka Jehova. 7 AbaLevi ba ya kuhaqa inkosi inxa zonke, ilowe e pete izikali zake ngesandhla; o ngena endhlini, ma ka bulawe: ma ni be kuyo inkosi ekungeneni kwayo, na sekupumeni kwayo.

8 AbaLevi noJuda wonke b'enza njengako konke akuyalayo uJehoyada umpristi: ba tata kwa ba ilowo abantu bake, aba zo ngena ngesabata, kanye naba zo puma ngesabata; ngokuba uJehoyada umpristi a ka mukisanga izigaba. 9 UJehoyada umpristi wa nika izinduna zamakulu imikonto, namahau, nezihlangu, eza zi ngezi ka Davida inkosi, eza zi sendhlini ka Nkulunkulu. 10 Wa misa bonke abantu, ilowo e pete izikali zake ngesandhla, ku suka ohlangotini lwesokunene lwendhlu kwa ze kwa ba sohlangotini lwesokohlo lwendhlu, nga kulo ilati nendhlu, nga kuyo inkosi inxa zonke. 11 Ba se be kipa indodana yenkosi, ba yi faka umqele, ba yi nika isifakazo, ba yi beka inkosi: uJehoyada namadodana ake ba yi gcoba; ba ti, Inkosi ma i me njalo.

12 Lapo uAtaliya ezwa umsindo wabantu be gijima be dumisa inkosi, wa fika ku bantu endhlini ka Jehova: 13 wa buka, nansi, inkosi i mi nga sensikeni yayo nga sekungeneni, izi-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku citwa inkolo ka Bale. UJowashe u lungisa itempeli.

nduna nabamacilongo be nga kuyo inkosi; abantu bonke bezwe ba tokoza, ba shaya amacilongo; abahlabeleli ba beta izinto zokuvuma, be hlonza amagama okudumisa. UAtaliya wa s'e hxebula izingubo zake, wa ti, Uzungu! Uzungu! **14** UJehoyada umprisiti wa kipa izinduna zamakulu eza zi bekwe ukuba zi pate impi, wa ti kuzo, m kipeni emkatini wezinhla; omlandelayo, ma ka bulawe ngenkemba: ngoba umpristi wa ti, Ni nga m bulaleli endhlini ka Jehova. **15** Ba m dedelake inxa zombili; wa ya ekungeneni kwesango lamahashi endhlini yenkosi: ba se be m bulalela kona.

16 UJehoyada w'enza isivumelwano pakati kwake, nabantu bonke, nenkosi, ukuba ba be ngabantu ba ka Jehova. **17** Bonke abantu ba ya endhlini ka Bale, ba yi bidhliza, amalati ake nezitombe zake ba zi pahlaza, ba bulala uMatan umpristi ka Bale pambi kwamalati. **18** UJehoyada wa misa abapati bendhlu ka Jehova pansi kwesandhla sabapristi abaLevi, aba be hlelwe uDavida endhlini ka Jehova, ukunikela iminikelo eshiwayo ka Jehova, njengokulotshiweyo emtetweni ka Moses, ngokutokoza na ngokuhlabelela, njeng'okwa miswa uDavida. **19** Wa misa abalindimasango emasangweni endhlu ka Jehova, ukuze ku nga ngeni noyedwa ongcolileyo noma nga kupi. **20** Wa tata izinduna zamakulu, nezidukwana, nababusi babantu, nabantu bonke bezwe, w'ehlisa inkosi endhlini ka Jehova: ba ngena ngesango eli nga senhla endhlini yenkosi, ba hlalisa inkosi esihlalweni sobukosi sombuso. **21** Abantu bonke bezwe ba tokoza, umuzi wa ba nokuzola. Ba be m bulele uAtaliya ngenkemba.

24 UJowashe wa e neminyaka e isikombisa ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa iminyaka e ngamashumi amane eJerusalem: igama li ka nina la li nguZibiya, wa seBeresheba. **2** UJowashe w'enza oku te ntse emehlweni ka Jehova izinsuku zonke zi ka Jehoyada umpristi. **3** UJehoyada wa m tatela abafazi ababili; wa zala amadodana namadodakazi.

4 Kwa ti ngasemva kwa loku, kwa ku senhliziyweni ka Jowashe ukuvusa indhlu ka Jehova. **5** Wa buta abapristi nabaLevi, wa ti kubo, Pumani ni ye emizini ya kwa Juda, ni qoqe ku Israeli wonke imali yokulungisa indhlu ka Nkulunkulu wenu umnyaka ngomnyaka njalo; yi sheshisenike le ndaba. Noko a ba sheshanga abaLevi. **6** Inkosi ya biza uJehoyada inhloko, ya ti kuye, A u beleselanga ngani abaLevi ukuba ba kipe kwa Juda na seJerusalem intela ka Moses inceku ka Jehova, neyombutano wa kwa Israeli, yetente lesifakazo? **7** Ngokuba amadodana ka Ataliya, umfazi oshingayo, a e dilize indhlu ka Nkulunkulu; zonke izinto ezingcwelisiweyo zendhlu ka Jehova a z'enza eza oBale.

8 Inkosi ya yala, b'enza umpongolo, ba wu misa ngapandhle esangweni lendhlu ka Jehova. **9** Kwa menyezelwa kwa Juda na seJerusalem, ukuba ba lete ku Jehova intela eya miswa kwa Israeli nguMoses inceku ka Nkulunkulu ehlane. **10** Izikulu zonke nabantu bonke ba tokoza, ba yi leta, ba yi faka empongolweni, ba ze ba gcina. **11** Kwa ti ke, ngesikati umpongolo o letwa ngaso ezinduneni zenkosi ngesandhla sabaLevi, se be bona ukuba imali i si ningi, umbhali wenkosi nenduna yompristi omkulu ba fika ba tulula umpongolo, ba wu tata, ba wu buyisela endaweni yawo. B'enze njalo imihla ngemihla, ba buta imali eningi. **12** Inkosi noJehoyada ba yi nika ab'enza umsebenzi wenkonzo yendhlu ka Jehova; ba tola ababazi bamatshe nababazi bemiti ukuba ba vuse indhlu ka Jehova, nezinyanga zensimbi nezetusi ukulungisa indhlu ka Jehova. **13** Za sebenzake izisebenzi, umsebenzi wokuyihlaziya wa qubeka ezandhleni zazo, za yi misa indhlu ka Nkulunkulu ngesimo sayo, za yi qinisa. **14** Kwa ti se be qedile, ba leta imali eseleyo pambi kwenkosi

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

noJehoyada, kw'enziwa ngayo izimpahla zendhlu ka Jehova, izimpahla zokukonza nezokunikela, nezinkezo, nezimpahla zegolide nezesiliva. Ba nikela iminikelo eshiswayo endhlini ka Jehova njalonjalo izinsuku zonke zi ka Jehoyada.

15 Kodwa uJehoyada wa guga za pelela izinsuku zake, wa fa; wa e neminyaka e ikulu namashumi amatatu ekufeni kwake. 16 Ba m mbela emzini ka Davida kanye namakosi, ngokuba wa enze okulungileyo ku Israeli, na ku Nkulunkulu na kuyo indhlu yake. 17 Emva kwokufa ku ka Jehoyada kwa fika izikulu za kwa Juda, za kuleka enkosini. Ya zi lalelake inkosi. 18 Ba shiya indhlu ka Jehova, uNkulunkulu wa oyise, ba konza oAshera nezitombe: kwa fika ulaka pezu ku ka Juda neJerusalem ngenxa ya leli cala labo. 19 Noko wa tuma abaprofeti ku bona, ukubabuyisela ku Jehova; ba kuluma be gamela kubo: kepa ka ba bekanga indhlebe.

20 Umoya ka Nkulunkulu w'embesa uZekariya ka Jehoyada umpristi; w'ema ngapezu kwabantu, wa ti kubo, U ti uNkulunkulu, N'eqelani imiyalo ka Jehova, ni nga bi na kuhlanhlazeleka na? ngokuba ni shiyile uJehova, naye u ni shiyile. 21 Ba se be m enzela uzungu, ba m kanda ngamatshe ngomyalo wenkosi egcekeni lendhlu ka Jehova. 22 UJowashe inkosi a ka kumbulanga isihau si ka Jehoyada uyise a e s'enze kuye, wa bulala indodana yake. Ekufeni kwake, wa ti, UJehova ma ka buke loku, a ku bize.

23 Kwa ti ke ekupeleni kwomnyaka impi yamaSiriya y'enyuka i m hlasela: a fika kwa Juda na seJerusalem, a bubisa zonke izikulu zabantu pakati kwabantu, a tumela yonke impango yawo enkosini ya seDamaseku. 24 Ngokuba impi yamaSiriya ya fika i idhlazana labantu; uJehova wa kapela impi enkulu kakulu esandhleni sawo, ngokuba ba be shiye uJehova, uNkulunkulu wa oyise. Ba feza izahlulelo ku Jowashe.

25 Kwa ti se be mukile kuye (ngokuba ba m shiya e gula kakulu), izinceku zake za m enzela uzungu ngenxa yegazi lamadodana ka Jehoyada umpristi, za m bulala okukweni lwake, wa fa; ba m mbela emzini ka Davida, kodwa ka ba m mbelanga ematuneni amakosi. 26 Yilaba aba m enzela uzungu; uZabadi onina wake nguShimehati umAmonikazi, noJehozabadi onina wake nguShimriti umMoabekazi. 27 Kepake ngamadodana ake, nobukulu bemitwalo e bekwe pezu kwake, nokuvuswa kwendhlu ka Nkulunkulu, bheka, ku lotshiwe encwadini yokucaza incwadi yamakosi. UAmaziya indodana yake wa busa esikundhleni sake.

25 UAmaziya wa e neminyaka e ngamashumi amabili nesihlanu ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa iminyaka e ngamashumi amabili nesishiyangalolunye eJerusalem: igama li ka nina la li nguJehowadan, wa seJerusalem. 2 W'enza oku te ntse emehlweni ka Jehova, ku nge ngenhliziyo epeleleyo, kodwa. 3 Kwa ti ke, wanela ukuqiniswa nje umbuso kuye, wa bulala izinceku zake eza zi bulele inkosi uyise. 4 Kodwa ka bulalanga abantwana babo, kepa w'enza njengokulotshiweyo emtetweni encwadini ka Moses, njengaloku uJehova a yala ngako, e ti, Oyise ka ba yi kufela abantwana babo, nabantwana ka ba yi kufela oyise; ilowo u ya kufa ngesake isono.

5 Futi uAmaziya wa qoqa UJuda, wa ba misa ngokwezindhlu za oyise pansi kwezinduna zezinkulungwane nezinduna zamakulu, uJuda wonke noBenjamin: wa ba bala ku suka kwaba neminyaka e ngamashumi amabili ku ya kwa ba n'engapezulu, wa ba fumanisa be izinkulungwane ezi ngamakulu amatatu abaketiweyo, aba nga puma impi, naba kwazi ukupata umkonto nesihlangu. 6 Futi wa tola iziqwaga ezi ngamaqawe kwa Israeli, ezi yizinkulungwane ezi ikulu ngamatalenta a ikulu esiliva. 7 Kepa kwa fika kuye umuntu ka Nkulunkulu, e ti, E nkosi, ma i nga hambi na-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UAmaziya u qasha amaEfrayim.

we impi ya kwa Israeli; ngokuba uJehova a kako ku Israeli, kubo bonke aba kwa Efrayim. **8** Kodwa nxa u zo hamba, yenza ngobuqawe, u qine ekulweni: uNkulunkulu u ya kukuwisa pansi ngapambi kwesita; ngokuba uNkulunkulu u namandhla okusiza, nokuwisa pansi. **9** Wa ti ke uAmaziya ku muntu ka Nkulunkulu, Po si ya kwenze njani ngamatalenta engi wa nike impi ya kwa Israeli? Wa pendulake umuntu ka Nkulunkulu, wa ti, UJehova u namandhla okukunika okuningi kuna loku. **10** UAmaziya wa se ba qembula, okokuti impi eya i fike kuye i vela kwa Efrayim, ukuba i goduke: ngaloko ulaka lwabo lwa vuta kakulu ngo-Juda, ba buyela ekaya be vuta ulaka. **11** UAmaziya w'ema isibindi, wa kipa abantu bake, wa ya eMhosheni ka Saoti, wa bulala aba kwa Sehire izinkulungwane ezi ishumi. **12** Aba izinkulungwane ezi ishumi aba kwa Juda ba ba tumba bezwa, ba ba yisa pezu kwesiwa, ba ba ponsa pansi be pezu kwesiwa, ba pihlizeka bonke. **13** Kodwa amadoda empi awabuyisayo uAmaziya, ukuba a nga hambi naye ukuya ekulweni, a ngenela imizi ya kwa Juda, ku suka eSamariya kwa ze kwa ba seBete-horon, ba bulala izinkulungwane ezintatu kuyo, ba tata impango eningi.

14 Kwa ti ke, uAmaziya e se buyile ekubulaleni kwake amaEdom, wa leta onkulunkulu baba kwa Sehire, wa ba misa ba be onkulunkulu bake, wa kotama pambi kwabo, wa tunqisa kubo impepo. **15** Ngakoke ulaka lu ka Jehova lwa vuta ngo-Amaziya, wa tumela umprofeti kuye, owa ti kuye, U ba funeleni onkulunkulu babantu, aba ng'opulanga abantu babo esandhleni sako na? **16** Kwa ti, e sa kuluma naye, ya ti kuye inkosi, Kanti si kwenzile u be umpakati wenkosi na? Yeka; u za'u ze u bulawelweni? Wa s'e yeka umprofeti, wa ti, Ngi y'azi ukuba uNkulunkulu u hlosile ukukububisa, ngoba wenze loku, u nga lalelanga isiluleko sami.

U konza izitombe. Wahlulwa

17 UAmaziya inkosi ya kwa Juda e se lulekiwe, wa tumela ku Jowashe, ka Jehowahazi ka Jehu, inkosi ya kwa Israeli, wa ti, Woza, si bukane ubuso nobuso. **18** UJowashe inkosi ya kwa Israeli wa tumela ku Amaziya inkosi ya kwa Juda, wa ti, Ikakasi ela li seLebanon la tumela kuwo umsedare owa u seLebanon, li ti, Nika indodana yami indodakazi yako i be umkayo: kwa dhlula isilo sa sendhle esa si seLebanon, sa nyatela ikakasi. **19** U ti wena, Bheka, ngi citile ela kwa Edom; inhliziyo yako i ku pakamisile ukuba u zidumise: ma u hlale manje ekaya; u zilebelani ukuba u we, wena, noJuda kanye nawe?

20 Kodwa uAmaziya a ka lalelanga; ngokuba kwa vela ku Nkulunkulu, ukuba a ba kapele esandhleni zezita zabo, ngoba ba be fune onkulunkulu ba kwa Edom. **21** Njaloke uJowashe inkosi ya kwa Israeli w'enyuka; yena noAmaziya inkosi ya kwa Juda ba bukana ubuso nobuso eBete-shemeshe, eli ngela kwa Juda. **22** UJuda wa zangeka pambi ku ka Israeli; ba baleka ilowo wa ya etenteni lake. **23** UJowashe inkosi ya kwa Israeli wa bamba uAmaziya inkosi ya kwa Juda, indodana ka Jowashe ka Jehowahazi, eBete-shemeshe, wa m yisa eJerusalem, wa diliza ugange lweJerusalem ku suka esangweni la kwa Efrayim kwa ze kwa ba sesangweni lengosi, izingalo ezi ngamakulu amane. **24** Wa tata igolide nesiliva lonke, nezimpahla zonke eza funyaniswa endhlini ka Nkulunkulu ku Obede-edom nengcebo yendhlu yenkosi, naba izibambiso, wa buyela eSamariya.

25 UAmaziya ka Jowashe inkosi ya kwa Juda wa hlala iminyaka e ishumi nesihlanu ngasemva kwokufa ku ka Jowashe ka Jehowahazi inkosi ya kwa Israeli. **26** Ezinye izindaba zi ka Amaziya, ezokuqala nezokugcina, bheka, angiti zi lotshiwe encwadini yamakosi a kwa Juda na kwa Israeli. **27** Ku sukela esikatini uAmaziya a pambuka ngaso ekula-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ndeleni kwake uJehova ba m enzela uzungu eJerusalem; wa s'e balekela eLakishe: kodwa ba tumela ukumlanda eLakishe, ba m bulalela kona. 28 Ba m twala ngamahashi, ba m mbela kanye na okoko bake emzini wa kwa Juda.

26 Abantu bonke ba kwa Juda ba tata uUziya, owa e neminyaka e ishumi nesitupa, ba m beka inkosi esikundhleni si ka yise uAmaziya. 2 Yena w'aka iEloti, wa li buyisela ku Juda, emva kwokuba inkosi i si lele na okoko bayo. 3 UUziya wa e neminyaka e ishumi nesitupa ekuqaleni kwake ukubusa: wa busa iminyaka e ngamashumi a isihlanu nambili eJerusalem: igama li ka nina la li nguJekiliya, wa seJerusalem. 4 W'enza oku te ntse emehlweni ka Jehova, njengako konke akwenzayo uyise uAmaziya. 5 Wa copelela ukufuna uNkulunkulu ezinsukwini zi ka Zekariya, owa e nokuqonda embonweni ka Nkulunkulu: kwa seloku e m funa uJehova, uNkulunkulu wa m hlanhlazelisa.

6 Wa puma wa lwa namaFilisti, wa diliza ugange lweGati, nogange lweJabene, nogange lweAshdodi; w'aka imizi emapandhleni eAshdodi, na pakati kwamaFilisti. 7 UNkulunkulu wa m siza ku maFilisti, na ku maArabiya a e hlezi eGuri-bale, namaMehun. 8 AmaAmon a nika uUziya intela: igama lake la ya ngokuya la ze la fika ekungeneni kwa sEgipite; ngokuba wa qina kakulu. 9 Futike uUziya w'aka imiboshongo eJerusalem esangweni lengosi, na sesangweni lomhosha, na nga senqutshini yogange, wa yi qinisa. 10 Futi w'aka imiboshongo ehlane, wa gumba nemigodi emininingi yamanzi, ngokuba wa e nemfuyo eningi; kwela senzansi, na setafeni: wa e nabalimi nabapati bezivini ezintabeni na semazweni avundileyo; ngokuba wa e ngo tanda ukulima. 11 Futi uUziya wa e nempi elwayo, e puma impi ngamaviyo, njengomumo wokubalwa kwabo nguJehiyeli umbhali noMahaseya induna, ngapansi kwesandhla si ka Hananiya, enye yezinduna zenkosi. 12 Wonke umumo wezinhloko zezindhlu za oyise, iziqwaga ezi ngamaqawe, wa u izinkulungwane ezimbili namakulu a isitupa. 13 Pansi kwesandhla sabo kwa ku kona impi, e izinkulungwane ezi ngamakulu amatatu nezinkulungwane ezi isikombisa namakulu a isihlanu, aba lwa ngamandhla obuqawe, ukusiza inkosi eziteni. 14 UUziya wa lungisela impi yonke izihlangu, nemikonto, nezigqoko, namabantshi ensimbi, neminsalo, namatshe amalengiso. 15 W'enza futi eJerusalem imishini, eyenziwa ngobungcweti, ukuba i be pezulu emiboshongweni na sezinqutshini, i ponse imicibisholo namatshe amakulu. Igama lake la duma kude; ngokuba wa sizwa ngokumangalisayo, wa ze wa qina.

16 Kepake e se qinile, inhliziyo yake ya kukumala, wonakala, wa pambuka ku Jehova uNkulunkulu wake, ngokuba wa ngena etempelini li ka Jehova ukuba a tunqise impepo elatini lempepo. 17 UAzariya umpristi wa ngena e m landela, ku kona kanye naye abapristi ba ka Jehova aba ngamashumi a isishiyangalombili, aba ngamaqawe: 18 ba melana no-Uziya inkosi, ba ti kuye, A ku siko okwako wena, Uziya, ukutunqisa impepo ku Jehova, ku ngokwabapristi amadodana ka Aron, aba ngcweliselwa ukutunqisa impepo: puma endhlini engcwele; ngokuba w'enze isipambuko; futi a ku yi kuba ludumo kuwe olu vela ku Jehova uNkulunkulu. 19 UUziya wa s'e tukutela; wa e pete isitsha esandhleni sake sokutunqisa impepo; ku te e sa tukutelele abapristi, kwa qamuka ucoko ebunzini lake pambi kwabapristi endhlini ka Jehova, nga selatini lempepo. 20 UAzariya umpristi omkulu, nabapristi bonke ba m buka, bheka, wa e nocoko ebunzini lake, ba m tatazelisa ba m kipa kona; yebo, naye wa nonopa ukupuma, ngokuba uJehova wa e m shayile. 21 UUziya inkosi wa ba nocoko kwa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukubusa ku ka Jotam. UAhazi u lwa neSiriya noIsraeli.

ze kwa ba sosukwini lokufa kwake, wa hlala endhlini eyahlukanisiweyo, e nocoko; ngoba wa nqunyiselwa endhlini ka Jehova: uJotam indodana yake wa pata indhlu yenkosi, ahlulela abantu bezwe. 22 Ezinye izindaba zi ka Uziya, ezokuqala nezokugcina, za lotshwa nguIsaya umprofeti, indodana ka Amozi. 23 UUziya wa lala na okoko bake; ba m mbela na okoko bake endaweni yokumbela e ngeyamakosi; ngokuba ba ti, U nocoko: uJotam indodana yake wa busa esikundhleni sake.

27 UJotam wa e neminyaka e ngamashumi amabili nesihlanu ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa iminyaka e ishumi nesitupa eJerusalem: igama li ka nina la li nguJerusha ka Zadoki. 2 W'enza oku te ntse emehlweni ka Jehova, njengako konke akwenzayo uyise uUziya, noko a ka ngenanga etempelini li ka Jehova. Abantuke ba dhlula b'onakala. 3 W'aka isango eli nga senhla endhlini ka Jehova, na sogangeni lweOfeli w'aka kakulu. 4 Futi w'aka imizi ezintabeni za kwa Juda, na semahlatini w'aka izinqaba nemiboshongo. 5 Wa lwa futi nenkosi yaba kwa Amon, wa b'ahlula. Aba kwa Amon ba m nikake nga lowo mnyaka amatalenta a ikulu esiliva, nezilinganiso ezi izinkulungwane ezi ishumi zi ka kolweni, nezilinganiso ezi izinkulungwane ezi ishumi zebarle. Aba kwa Amon ba m nika okungako, na ngomnyaka wesibili, na ngowesitatu. 6 UJotam wa qinake, ngokuba wa lungisa izindhlela zake pambi ku ka Jehova uNkulunkulu wake. 7 Ezinye izindaba zi ka Jotam, nezimpi zonke zake, nezindhlela zake, bheka, zi lotshiwe encwadini yamakosi a kwa Israeli na kwa Juda. 8 Wa e neminyaka e ngamashumi amabili nesihlanu ekuqaleni kwake ukubusa, wa busa iminyaka e ishumi nesitupa eJerusalem. 9 UJotam wa lala na okoko bake, ba m mbela emzini ka Davida: uAhazi indodana yake wa busa esikundhleni sake.

28 UAhazi wa e neminyaka e ngamashumi amabili ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa iminyaka e ishumi nesitupa eJerusalem: a k'enzanga oku te ntse emehlweni ka Jehova, njengoDavida uyise; 2 wa hamba ngezindhlela zamakosi a kwa Israeli, w'enzela oBale izitombe ezibunjiweyo. 3 Futi wa tunqisa impepo emhosheni wendodana ka Hinom, wa shisa abantwana bake emlilweni, njengamacilo ezizwe uJehova a zi xosha pambi kwaba kwa Israeli. 4 Wa hlabela wa tuniqisa impepo ezindaweni ezipakemeyo, na semagqumeni, na ngapansi kwemiti yonke eluhlaza.

5 Ngakoke uJehova uNkulunkulu wake wa m kapela esandhleni senkosi ya seSiriya; ba m cita, ba tumba ku bantu bake isixuku esikulu, ba ba yisa eDamaseku. Futi wa kashelwa esandhleni senkosi ya kwa Israeli, eya m ceka ngokuceka okukulu. 6 Ngokuba uPeka ka Remaliya wa bulala kwa Juda ngosuku lunye izinkulungwane ezi ikulu namashumi amabili, be ngamaqawe bonke; ngokuba ba be shiye uJehova, uNkulunkulu wa oyise. 7 UZikri, isiqwaga sa kwa Efrayim, wa bulala uMakaseya indodana yenkosi, noAzerikam umbusi wendhlu, noElkana owelama inkosi ngesikundhla.

8 Aba kwa Israeli ba tumba ku bafo wabo aba izinkulungwane ezi ngamakulu amabili, abesifazana, namadodana, namadodakazi, ba gcugca impango eningi ku bona, ba yisa impango eSamariya. 9 Kodwa umprofeti ka Jehova wa e kona lapo, ogama lake li nguOdede: wa puma ukuyohlangabeza impi eya i za eSamariya, wa ti ku bona, Bhekani, ngokuba uJehova, uNkulunkulu wa oyihlo wa e futekele uJuda, u ba kapele esandhleni senu, ni ba bulele ngokudhloba oku finyelele na sezulwini. 10 Kalokuke ni ti ni za kutonya aba kwa Juda neJerusalem ba be izigqili nezigqilikazi kinina: kepake awako amacala kinina ku Jehova uNkulunkulu wenu na? 11 Ngi zwenike

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

manje, ni buyise abatunjiweyo eni ba tumbe ku bafo wenu; ngokuba ulaka oluvutayo lu ka Jehova lu pezu kwenu. **12** Kwa se ku suka abatile aba izinhloko zaba kwa Efrayim, uAzariya ka Johanan, noBerekiya ka Meshilemoti, noJehizekiya ka Shalum, noAmasa ka Hadelayi ba melana naba fika be vela empini, **13** ba ti kubo, Ni nga bo ba ngenisa abatunjwa lapa: ngokuba ni qonde ukwenza loko oku ya kusitolisa icala ku Jehova, n'engezele ezonweni zetu na secaleni letu; ngokuba icala letu li kulu, lu kona ulaka oluvutayo pezu ku ka Israeli. **14** Abahlomileyo ba shiya abatunjwa nempango ngapambi kwezikulu nombutano wonke. **15** Amadoda a patwe ngamagama a suka, a tata abatunjwa, ambatisa ngempango bonke aba hambaze pakati kwabo, a b'ambatisa, a ba faka izicatulo, a ba nika ukudhla a ba puzisa, a ba gcoba, a seseza bonke aba butakataka kubo ngezimbongolo, a ba yisa eJeriko, umuzi wamasundu, ku bafo wabo: a s'e buyela eSamariya.

16 Nga leso sikati inkosi uAhazi ya tumela emakosini a seAsiriya ukuba a m size. **17** Ngokuba amaEdom a be fike futi a cita uJuda, a tumba abatunjwa. **18** AmaFilisti futi a be ngenele imizi yela senzansi, neya seNingizimu kwa Juda, a tata iBeteshemeshe, neAjalon, neGederoti, neSoko nemizana yalo, neTimna nemizana yalo, neGimzo nemizana yalo: a hlala kona. **19** Ngokuba uJehova wa vova uJuda ngenxa ka Ahazi inkosi ya kwa Israeli; ngoba wa enze uJuda wa ba uvanzi, wa pambuka nokupambuka ku Jehova. **20** UTigelati-pilenesere inkosi ya seAsiriya w'eza kuye, wa m xina, a ka m qinisanga. **21** Ngokuba uAhazi wa panga indhlu ka Jehova, nendhlu yenkosi nezikulu, wa ku nika inkosi ya seAsiriya: kodwa a ku m sizanga nga luto.

22 Ngesikati sokuxineka kwake wa pinda wa pambuka ku Jehova, yona leyo nkosi uAhazi. **23** Ngokuba wa hlabela onkulunkulu ba seDamaseku, abamcitayo; wa ti yena, Ngokuba onkulunkulu bamakosi a seSiriya ba wa sizile, ngakoke ngo hlabela bona, yikona be ya kungisiza nami. Kodwa ba ba isikubekiso kuye, na ku Israeli wonke. **24** UAhazi wa buta izitsha zendhlu ka Nkulunkulu, wa qoba izitsha zendhlu ka Nkulunkulu, wa vala iminyango yendhlu ka Jehova; wa z'enzela amalati ezingosini zonke zeJerusalem. **25** Na kuyo yonke imizi ya kwa Juda w'enza izindawo ezipakemeyo zokutunqisa impepo ko nkulunkulu abanye, wa cunula uJehova, uNkulunkulu wa oyise. **26** Ezinye izindaba zake, nezindhlela zonke zake, ezokuqala nezokugcina, bheka, zi lotshiwe encwadini yamakosi a kwa Juda na kwa Israeli. **27** UAhazi wa lalake na okoko bake, ba m mbela emzini, kona eJerusalem; ngoba ka ba m yisanga ematuneni amakosi a kwa Israeli: uHezekiya indodana yake wa busa esikùndhleni sake.

29 UHezekiya wa qala ukubusa e neminyaka e ngamashumi amabili nesihlanu; wa busa iminyaka e ngamashumi amabili nesishiyangalolunye eJerusalem: igama li ka nina la li nguAbija ka Zekariya. **2** W'enza oku te ntse emehlweni ka Jehova njengako konke akwenzayo uDavida uyise. **3** Yena ngomnyaka wokuqala wokubusa kwake, ngenyanga yokuqala, wa vula iminyango yendhlu ka Jehova, wa yi lungisa. **4** Wa ngenisa abapristi nabaLevi, wa ba butela esigcawini nga sempumalanga, **5** wa ti kubo, Ngi zweni, baLevi; zingcweliseni manje, ni ngcwelise nendhlu ka Jehova, uNkulunkulu wa oyihlo, ni kipe okungcolileyo endaweni engcwele. **6** Ngokuba obaba ba pambukile, b'enza okubi emehlweni ka Jehova uNkulunkulu wetu, ba m shiya, ba fulatela ikaya li ka Jehova, ba m nika isipundu. **7** Futi ba vale iminyango yompeme, ba cima isibani, a ba tunqisanga impepo a ba nikelanga iminikelo eshiswayo endaweni engcwele ku Nkulunkulu

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UHezekiya u vusa inkolo. Ku hlanzwa itempeli.

ka Israeli. 8 Ngakoke ulaka lu ka Jehova lwa ba pezu ku ka Juda ne-Jerusalem, wa ba kapela ukuba ba hlukunyezwe, ba be inkambabeyibuza, nesincimfelo, njengokuba ni bona ngamehlo enu. 9 Ngokuba, bheka, obaba ba we ngenkemba, namadodana etu namadodakazi etu nomketu, ba tunjiwe ngenxa ya loku. 10 Kalokuke ku senhliziyweni yami ukwenza isivumelwano noJehova, uNkulunkulu wa kwa Israeli, ukuba ulaka lwake oluvutayo lu buye kiti. 11 Madodana ami, ni nga debesi manje; ngokuba uJehova u ni ketele ukuba ni me pambi kwake, ukuba ni m konze, ni be izikonzi zake, ni tunqise impepo.

12 Ba se be suka abaLevi, uMahati ka Amasayi, noJoweli ka Azariya, ku madodana amaKohati; ku madodana ka Merari, uKishe ka Abedi, noAzariya ka Jehaleleli; ku maGershon, uJowa ka Zima, noEden ka Jowa; 13 ku madodana ka Elizafan, uShimri noJehuweli; ku madodana ka Asafu, uZekariya noMataniya; 14 ku madodana ka Heman, uJehuweli noShimehi; ku madodana ka Jedutun, uShemaya noUziyeli. 15 Ba buta abafo wabo, ba zingcwelisa, ba ngena, njengomyalo wenkosi, ngamazwi ka Jehova, ukuba ba hlambulule indhlu ka Jehova. 16 Abapristi ba ngena pakati nendhlu ka Jehova, ukuyihlambulula, konke okungcolileyo abakufumanayo etempelini li ka Jehova, ba ku kipela egcekeni lendhlu ka Jehova. AbaLevi ba ku tata, ba ku kipela pandhle emfulaneni iKidron. 17 Ba qala ukungcwelisa ngosuku lokuqala lwenyanga yokuqala; ngosuku lwesishiyangalombili lwenyanga ba fika empemeni ka Jehova; ba ngcwelisake indhlu ka Jehova ngezinsuku ezi isishiyangalombili: ngosuku lweshumi nesitupa lwenyanga yokuqala ba qeda. 18 Ba se be ngena ku Hezekiya inkosi ngapakati kwendhlu yobukosi, ba ti, se si yi hlambululile yonke indhlu ka Jehova, nelati lomnikelo oshiswayo, kanye nezimpahla zonke zalo, netafula lesinkwa sokubhekwa, nezimpahla zonke zalo. 19 Futi zonke izimpahla eza lahlwa inkosi uAhazi ekubuseni kwake ekupambukeni kwake, si zi lungisile sa zi ngcwelisa; nazi, zi kona ngapambi kwelati li ka Jehova.

20 UHezekiya inkosi wa s'e vuka ekuseni, wa buta izikulu zomuzi, w'enyukela endhlini ka Jehova. 21 Ba leta amaduna a isikombisa, nezinqama ezi isikombisa, nezimvana ezi isikombisa, nezimpongo ezi isikombisa, ku be umnikelo wokwona ngenxa yombuso na ngendhlu engcwele na ngenxa ka Juda. Wa yala abapristi amadodana ka Aron ukuba ba ku nikele elatini li ka Jehova. 22 Ba hlaba amaduna, abapristi b'amkela igazi, ba li fafaza elatini: ba hlaba izinqama, ba fafaza igazi elatini: ba hlaba nezimvana, ba fafaza igazi elatini. 23 Ba sondeza izimpongo zomnikelo wokwona ngapambi kwenkosi nombutano; ba beka izandhla zabo pezu kwazo: 24 abapristi ba zi hlaba, b'enza umnikelo wokwona ngegazi lazo pezu kwelati, ukuba ba hlaulele uIsraeli wonke; ngokuba inkosi ya yala ukuba umnikelo oshiswayo nomnikelo wokwona wenzelwe uIsraeli wonke.

25 Wa misa abaLevi endhlini ka Jehova be pete izikencezo, nezingubu, nezinkoka, njengomyalo ka Davida no ka Gadi umboni wenkosi, noNatan umprofeti; ngokuba umyalo wa u ngoka Jehova ngabaprofeti bake. 26 AbaLevi b'ema be pete izinto zokuvuma zi ka Davida, abapristi be pete amacilongo. 27 UHezekiya wa yala ukuba ku nikelwe umnikelo oshiswayo elatini. Ngesikati sokuqala kwomnikelo oshiswayo, kwa qala nengoma ka Jehova, namacilongo, kanye nezinto zokuvuma zi ka Davida inkosi ya kwa Israeli. 28 Umbutano wonke wa kuleka, abahlabeleli ba hlabelela, abamacilongo ba shaya; konke loku kwa qubeka njalo kwa ze kwa pela umnikelo oshiswayo.

29 Kwa ti se be qedile ukunikela, inkosi nabo bonke aba be kona kanye

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nayo ba kotama ba kuleka. 30 Futi uHezekiya inkosi nezikulu ba yala abaLevi ukuba ba dumise uJehova ngamazwi ka Davida, na ka Asafu umboni. Ba dumisa ngokutokoza, ba kotamisa amakanda abo ba kuleka.

31 Wa s'e pendula uHezekiya wa ti, Se ni z'ahlukanisele ku Jehova; sondelani ni lete imihlatshelo neminikelo yokubonga endhlini ka Jehova. Umbutano wa letake imihlatshelo neminikelo yokubonga; bonke aba qutshwa inhliziyo ba leta iminikelo eshiswayo. 32 Umumo weminikelo eshiswayo eya letwa umbutano kwa ku amaduna a ngamashumi a isikombisa, nezinqama ezi ikulu, nezimvana ezi ngamakulu amabili: zonke lezi za zi umnikelo oshiswayo ku Jehova. 33 Izinto ezingcwelisiweyo za zi izinkomo ezi ngamakulu a isitupa nezimvu ezi izinkulungwane ezintatu. 34 Kodwa abapristi ba be ingcozaha, ba be nge na kuhlinza iminikelo yonke eshiswayo: ngakoke abafo wabo abaLevi ba ba siza, wa ze wa pela umsebenzi, ba ze ba zingcwelisa abapristi; ngokuba abaLevi ba be te ntse enhliziyweni ngokuzingcwelisa kunabapristi. 35 Neminikelo eshiswayo ya i miningi, kanye namanoni eminikelo yokutula, neminikelo yokupuzwa kuyo yonke iminikelo eshiswayo. Kunjaloke inkonzo yendhlu ka Jehova ya hlelwa. 36 UHezekiya wa tokoza, nabantu bonke, ngenxa ya loko uNkulunkulu a be ba lungisele kona abantu: ngokuba le nto y'enziwa ngokuzuma.

30 UHezekiya wa tumela ku Israeli wonke na ku Juda, wa loba izincwadi za ya ku Efrayim noManase, ukuba ba fike endhlini ka Jehova eJerusalem, kwenziwe ipasika ku Jehova, uNkulunkulu ka Israeli. 2 Ngokuba inkosi nezikulu zayo nombutano wonke ba be qondisene eJerusalem, ukuba benze ipasika ngenyanga yesibili. 3 Ngokuba ba be nge na kulenza nga leso sikati, ngoba abapristi abaneleyo ba be nga ka zingcwelisi, nabantu ba be nga ka butaneli eJerusalem. 4 Leyo nto ya i te ntse emehlweni enkosi nombutano wonke. 5 Ba misake izwi ukuba ku menyezelwe kwela kwa Israeli lonke, ku suka eBere-sheba ku ye kwa Dan, ukuba ba fike kwenziwe ipasika ku Jehova, uNkulunkulu ka Israeli, eJerusalem: ngokuba ba be nga l'enzanga be baningi njengokulotshiweyo. 6 Za hambake izigijimi zi nezincwadi ezi puma enkosini nezikulu zayo za ya kwela kwa Israeli lonke nela kwa Juda, njengomyalo wenkosi, zi ti, Nina ba kwa Israeli, buyelani ku Jehova, uNkulunkulu ka Abraham, noIsaka, noIsraeli, ukuze a buyele ensalweni yenu epepileyo esandhleni samakosi a seAsiriya. 7 Ni nga bi njenga oyihlo, na njengabafo wenu, aba pambuka ku Jehova, uNkulunkulu wa oyise, wa za wa b'enza incitakalo, njengenikubonayo. 8 Kalokuke ma ni nga bi ntamo lukuni, njenga oyihlo; m nikeni isandhla uJehova, ni ngene endhlini yake engcwele, ayingcwelisileyo ku ze ku be nini, ni konze uJehova uNkulunkulu wenu, ukuze ulaka lwake oluvutayo lu buye kini. 9 Ngokuba uma ni buyela ku Jehova, abafo wenu nabantwana benu ba ya kutola isihe kubo ababatumbayo, ba buyele ku leli zwe: ngokuba uJehova uNkulunkulu wenu u nomusa u nesihe a ka yi kunifulatela, uma ni buyela ku yena.

10 Izigijimi za cusha imizi ngemizi ezweni la kwa Efrayim nela kwa Manase, za ze za fika kwa Zebulun: kodwa ba zi hleka usulu, ba zi hxolodela. 11 Nokoke abantu abatile ba kwa Asheri na kwa Manase na kwa Zebulun ba zitoba, ba ya eJerusalem. 12 Futi isandhla si ka Nkulunkulu sa ba kona ku Juda ukubanika inhliziyonye yokwenza umyalo wenkosi nowezikulu ngezwi li ka Jehova.

13 Kwa butana eJerusalem abantu abaningi be zo kwenza umkosi wesinkwa esi nge na mvubelo ngenyanga yesibili, umbutano omkulu kakulu. 14 Ba suka ba susa amalati a be seJerusalem, namalati onke empe-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

po ba wa susa, ba wa ponsa emfulaneni iKidron. 15 Ba se be hlaba ipasika ngosuku lweshumi nane lwenyanga yesibili: abapristi nabaLevi ba ba namahloni, ba zingcwelisa, ba leta iminikelo eshiswayo endhlini ka Jehova. 16 B'ema endaweni yabo njengesiko labo, ngokomteto ka Moses umuntu ka Nkulunkulu: abapristi ba fafaza igazi aba l'amkela esandhleni sabaLevi. 17 Ngokuba ba be baningi embutanweni aba be nga zingcwelisanga: ngakoke abaLevi ba be abokuhlaba amapasika abo bonke aba nga hlambululekile, ukubangcwelisela uJehova. 18 Ngokuba isixuku sabantu, abaningi ba kwa Efrayim noManase, aba kwa Isakare noZebulun, ba be nga zihlambululanga, noko ba dhla ipasika ku nge njengokulotshiweyo. Ngoba uHezekiya wa c ba tandazele, wa ti, UJehova omnene ma ka tetelele bonke 19 aba zinzisa izinhliziyo zabo ukufuna uNkulunkulu, uJehova, uNkulunkulu wa oyise, noma umuntu e nga hlambululekile njengokuhlanjululwa oku fanele indhlu engcwele. 20 UJehova wa lalela uHezekiya, wa pilisa abantu. 21 Aba kwa Israeli aba be kona eJerusalem b'enza umkosi wesinkwa esi nge na mvubelo izinsuku ezi isikombisa ngokutokoza okukulu; abaLevi nabapristi ba dumisa uJehova imihla ngemihla, be hlabelela ngezinto ezi mandhla zokuvuma ku Jehova. 22 UHezekiya wa kuluma kahle ku baLevi bonke aba qonda kahle inkonzo ka Jehova. Ba dhlake kuwo wonke lo mkosi izinsuku ezi isikombisa, be nikela imihlatshelo yeminikelo yokutula, ba bonga uJehova, uNkulunkulu wa oyise.

23 Umbutano wonke wa qondisana ukwenza ezinye izinsuku ezi isikombisa; b'enza ezinye izinsuku ezi isikombisa be tokoza. 24 Ngokuba uHezekiya inkosi ya kwa Juda wa nika umbutano, ku be iminikelo, amaduna a inkulungwane nezimvu ezi izinkulungwane ezi isikombisa; izikulu za nika umbutano amaduna a inkulungwane nezimvu ezi izinkulungwane ezi ishumi: abapristi abaningi ba zingcwelisa. 25 Kwa se ku tokoza umbutano wonke wa kwa Juda, nabapristi nabaLevi, nombutano wonke owa u puma kwa Israeli, nabezizwe aba be puma ezweni la kwa Israeli, nabakileyo kwa Juda. 26 Kwa ba konake ukutokoza okukulu eJerusalem; ngokuba ku sukela emihleni ka Solomon ka Davida inkosi ya kwa Israeli a ku zanga ku be kona okunje eJerusalem. 27 Kwa se ku suka abapristi, abaLevi, ba busisa abantu: izwi labo l'ezwakala, nomtandazo wabo wa fika ekaya lake elingcwele, kona ezulwini.

31 Kwa ti ke la se ku pelile konke loku, uIsraeli wonke owa e kona wa puma wa ya emizini ya kwa Juda, ba pahlaza izinsika, ba gaula oAshera, ba bidhliza izindawo ezipakemeyo namalati kulo lonke la kwa Juda nela kwa Benjamin, na kwela kwa Efrayim noManase, ba ze ba ku qeda konke. Ba se be buyela bonke aba kwa Israeli, ilowo efeni lake, emizini ya kubo.

2 UHezekiya wa misa izigaba zabapristi nabaLevi ngezigaba zabo, ilowo njengenkonzo yake, abapristi nabaLevi beminikelo eshiswayo neminikelo yokutula, ukuba ba konze, ba bonge, ba dumise emasangweni ekamu li ka Jehova. 3 Wa misa oku za kunikelwa inkosi empahleni yayo eminikelweni eshiswayo, eminikelweni eshiswayo ya kusasa neyokuhlwa, neminikelo eshiswayo yamasabata, neyokutwasa kwenyanga, neyemikosi emisiweyo, njengokulotshiweyo emtetweni ka Jehova. 4 Futi wa yala abantu abakileyo eJerusalem ukuba ba nike abapristi nabaLevi izabelo, ukuba ba bambelele emtetweni ka Jehova. 5 L'anel'ukushaywa nje izwi, aba kwa Israeli ba nikela kakulu izandulela zamabele, newayini elisha, namafuta, nezinyosi, na kuko konke ukutela kwezwe; nokweshumi kwako konke ba ku leta kakulu. 6 Aba kwa Israeli naba kwa Juda, abakileyo emizini ya kwa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Juda, nabo ba leta okweshumi kwezinkomo nezimvu, nokweshumi kwezinto ezingcwelisiweyo eza ngcweliselwa uJehova uNkulunkulu wabo, ba ku beka izinqwabanqwaba. 7 Ngenyanga yesitatu ba qala ukubeka isisekelo sezinqwaba, ba zi qeda ngenyanga yesikombisa. 8 Kwa t'uba uHezekiya nezikulu ba fike ba bone izinqwaba, ba bonga uJehova, nabantu bake uIsraeli. 9 UHezekiya wa se e buza abapristi nabaLevi ngazo izinqwaba. 10 UAzariya umpristi omkulu wendhlu ka Zadoki wa pendula wa ti, Seloku abantu ba qala ukuleta iminikelo endhlini ka Jehova, si dhlile sa suta, sa shiya okuningi: ngokuba uJehova u busisile abantu bake; okuseleyo ku yilentilibatwa enkulu.

11 UHezekiya wa s'e yala ukuba ku lungiswe amakamelo endhlini ka Jehova; ba wa lungisake; 12 ba ngenisa iminikelo nokweshumi nezinto ezingcwelisiweyo ngokwetembeka. UKonaniya umLevi wa e umpati wa loko, uShimehi umfo wabo engowesibili; 13 uJehiyeli, noAzaziya, noNahati, noAsaheli, noJerimoti, noJozabadi, noEliyeli, noIsmakiya, noMahati, noBenaya, ba be ababonisi ngapansi kwesandhla si ka Konaniya noShimehi umfo wabo, ngokumisa ku ka Hezekiya inkosi, noAzariya umbusi wendhlu ka Nkulunkulu. 14 UKore ka Imna umLevi, umlindi'sango ngasempumalanga, wa e pete iminikelo yesihle ka Nkulunkulu, ukuba abe iminikelo ka Jehova, nezinto ezi ngcwelengcwele. 15 Ngapansi kwake kwa ku uEden, noMiniyamin, noJeshua, noShemaya, uAmariya noShekaniya, emizini yabapristi, esikundhleni sabo esi ngesabatenjwayo, ukuba ba nike abafo wabo ngezigaba, abakulu njengabancane: 16 ngapandhle kwa labo aba balwa ngomlibo wokuzalwa abesilisa, ku suka kwaba neminyaka emitatu ku ya kwaba n'engapezulu, bonke aba ngena endhlini ka Jehova, njengokudingekayo imihla ngemihla, ngokwenkonzo yabo ezikundhleni zabo njengezigaba zabo; 17 na labo aba balwa ngomlibo wokuzalwa ku bapristi ngezindhlu za oyise, nabaLevi ku suka kwaba neminyaka e ngamashumi amabili ku ya kwaba n'engapezulu, ezikundhleni zabo ngezigaba zabo; 18 na labo aba balwa ngomlibo wokuzalwa ezinganeni zonke zabo, omkabo, namadodana abo, namadodakazi abo, embutanweni wonke: ngokuba esikundhleni sabo esi ngesabatenjwayo ba zingcwelisa ebungcweleni. 19 Futi amadodana ka Aron abapristi, aba be semazweni emapandhleni emizi yabo, emizini ngemizi, kwa ku kona abantu aba patwa ngamagama, bokwabela bonke abesilisa pakati kwabapristi, nabo bonke aba balwa ngomlibo wokuzalwa pakati kwabaLevi.

20 W'enze njaloke uHezekiya kwela kwa Juda lonke; w'enza okuhle noku te ntse nokutembekayo pambi ku ka Jehova uNkulunkulu wake. 21 Emisebenzini yonke ayiqalayo enkonzweni yendhlu ka Nkulunkulu, na semtetweni, na semiyalweni, ukufuna uNkulunkulu wake, wa kwenza ngenhliziyo yonke yake, wa hlanhlazeleka.

32 Ngasemva kwa lezi zinto, na loku kwetembeka, kwa fika uSenakeribe inkosi ya seAsiriya, wa ngena kwa Juda, wa yi pakela impi imizi ebiyelweyo, wa ti, u ya kuzifohlelela ku yona. 2 Wa ti uHezekiya ukubona ukuti uSenakeribe u fikile, nokuti u qonde ukulwa neJerusalem, 3 wa qondisana nezikulu zake neziqwaga zake ukuba ba vimbe amanzi emitombo e ngapandhle kwomuzi; za m sizake. 4 Kwa qoqanake abantu abaningi, ba vimba yonke imitombo, nomfulana owa u hamba pakati kwezwe, be ti, Yini ukuba ku fike amakosi a seAsiriya, a fumane amanzi amaningi na? 5 Wa zimisa isibindi, w'aka ugange lonke olwa lu diliziwe, wa lu kupula lwa ze lwa fika emiboshongweni, nolunye ugange olu ngapandhle; wa qinisa neMilo emzini ka Davida, w'enza izikali nezihlangu eziningi. 6 Wa misa izinduna zempi ukupata abantu, wa ba qoqela kuye

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

USenakeribe u dhlelesela uHezekiya. UHezekiya u ya gula.

esigcawini nga sesangweni lomuzi, wa kuluma kahle nabo, wa ti, 7 Qinani ni me isibindi, ni ng'esabi ni nga papateki ngenxa yenkosi ya seAsiriya, nesixuku sonke e naso; ngokuba ba ningi aba kitina kunaba kuyo: 8 ku yena ku kona ingalo yenyama; kodwa kitina ku kona uJehova uNkulunkulu wetu ukusisiza, nokulwa izimpi zetu. Abantu b'encika ku lawa mazwi ka Hezekiya inkosi ya kwa Juda.

9 Ngasemva kwa loku uSenakeribe inkosi ya seAsiriya wa tumela izinceku zake eJerusalem (yenake wa e ngapambi kweLakishe, ababusi bonke bake be naye), ku Hezekiya inkosi ya kwa Juda, na ku Juda wonke owa e seJerusalem, wa ti, 10 U ti uSenakeribe inkosi ya seAsiriya, Ni tembela ku kupi ukuba ni hlalele ukuvinjezelwa eJerusalem? 11 Angiti uHezekiya u ya ni wota, ukuba a ni nikeze ekufeni ngendhlala na ngokwoma, e ti, UJehova uNkulunkulu wetu u ya kusopula esandhleni senkosi ya seAsiriya na? 12 Yena lowo uHezekiya a ka susanga yini izindawo zake ezipakemeyo namalati ake, wa yala uJuda neJerusalem, e ti, A no kuleka ngapambi kwelati linye, ni tunqise impepo kulo na? 13 A ni kwazi okwenziwe yimi na obaba ku bantu bonke bamazwe na? imbala onkulunkulu bezizwe zamazwe ba be namandhla yini okwopula izwe labo esandhleni sami na? 14 Ngubani kubo bonke onkulunkulu ba lezo zizwe eza shaywa za bhuqwa obaba, owa e namandhla ukwopula abantu bake esandhleni sami, ukuba uNkulunkulu wenu a be namandhla ukunopula esandhleni sami na? 15 Kalokuke ma ni nga kohliswa uHezekiya, ni wotwe kanje, ni nga kolwa uye; ngokuba a kuko nkulunkulu na ku sipi isizwe nombuso owa ba namandhla ukwopula abantu bake esandhleni sami, na sesandhleni sa obaba: po kakulu kangakanani uNkulunkulu wenu a ka yi kunopula esandhleni sami?

16 Futi izinceku zake za kuluma okunye ngoJehova uNkulunkulu, na ngoHezekiya inceku yake. 17 Wa loba futi izincwadi zokucapa ngenhlamba uJehova, uNkulunkulu ka Israeli, nokukuluma ngaye, zi ti, Njenga onkulunkulu bezizwe zamazwe, aba ngopulanga abantu babo esandhleni sami, kunjalo uNkulunkulu ka Hezekiya a ka yi kwopula abantu bake esandhleni sami. 18 Za memeza ngezwi elikulu ngolimi lwaba-Juda ku bantu ba seJerusalem aba be sogangeni, ukubetusa, nokubapapatekisa; ukuba zi dhle umuzi. 19 Ba kuluma ngoNkulunkulu weJerusalem, njengokungati ba kuluma nga onkulunkulu babantu bomhlaba, aba umsebenzi wezandhla zabantu.

20 UHezekiya inkosi, noIsaya umprofeti indodana ka Amozi, ba tandaza ngenxa ya loku, ba kala be bhekisa ezulwini. 21 UJehova wa tuma ingelosi, ya nyamalalisa zonke iziqwaga ezi ngamaqawe, nabaholi nezinduna, ekamu lenkosi ya seAsiriya. Njaloke wa buyela ezweni lake e nxotoza. Kwa t'uba a fike endhlini yonkulunkulu wake, aba puma embilinini wake ba m wisa kona ngenkemba. 22 UJehova wa sindisa kanje uHezekiya nabakileyo eJerusalem esandhleni si ka Senakeribe inkosi ya seAsiriya, na sesandhleni sabo bonke abanye, wa wa kapa inxa zonke. 23 Abaningi ba leta izipo ku Jehova eJerusalem, nezinto ezinqabileyo ku Hezekiya inkosi ya kwa Juda; ngangoba wa pakanyiswa emehlweni ezizwe zonke ngasemva kwa loku.

24 Nga lezo zinsuku uHezekiya wa e gula e se zo kufa: wa tandaza ku Jehova; wa s'e kuluma naye, wa m nika isibonakaliso. 25 Kodwa uHezekiya ka buyiselanga njengokupatwa kahle kwake; ngoba inhliziyo yake ya kukumala: ngakoke kwa ba kona ulaka pezu kwake, na pezu ku ka Juda neJerusalem. 26 Nokoke uHezekiya wa zitoba ekukukumaleni kwenhliziyo yake, yena nabakileyo eJerusalem, ngakoke ulaka lu ka Jehova a lu fikanga pezu kwabo ezinsukwini zi ka Hezekiya.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ubukosi bu ka Hezekiya. UManase wenza okubi a shaywe.

27 UHezekiya wa e nengcebo nodumo olukulu kakulu: wa z'enzela izindhlu zengcebo zesiliva, nezegolide, nezamatshe anqabileyo, nezamaka, nezezihlangu, nezezinhlobo zonke zezimpahla ezinxanelekayo; **28** nezindhlu zokubekelela zokucuma kwamabele newayini elisha namafuta; nezitali zezinhlobo zonke zezilwane, nemihlambi ezibayeni. **29** Futi wa z'enzela imizi, nemfuyo yezimvu neyezinkomo eziningi; ngokuba uNkulunkulu wa e m nike impahla eningi kakulu. **30** Yena lowo uHezekiya wa vimba umtombo o nga senhla wamanzi a seGihon, wa wa qondisa nga sentshonalanga kwomuzi ka Davida. UHezekiya wa hlanhlazeleka emisebenzini yonke yake. **31** Kanti noko endabeni yamanxusa ezikulu za seBabulon, eza tuma ku yena ukubuza ngommangaliso owenziwa ezweni, uNkulunkulu wa m shiya, ukuba a m vivinye, ukuze a bone konke oku senhliziyweni yake.

32 Ezinye izindaba zi ka Hezekiya, nezenzo zake zobunene, bheka, zi lotshiwe embonweni ka Isaya umprofeti indodana ka Amozi, encwadini yamakosi a kwa Juda na kwa Israeli. **33** UHezekiya wa lala na okoko bake, ba m mbela emmangweni wamatuna amadodana ka Davida: uJuda wonke nabakileyo eJerusalem ba m enzela udumo ekufeni kwake. UManase indodana yake wa busa esikundhleni sake.

33 UManase wa e neminyaka e ishumi nambili ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa iminyaka e ngamashumi a isihlanu nesihlanu eJerusalem. **2** W'enza okubi emehlweni ka Jehova, njengamacilo ezizwe, uJehova azixoshayo pambi kwaba kwa Israeli. **3** Ngokuba wa buya w'aka izindawo ezipakemeyo eza zi bidhlizwe uyise uHezekiya; wa misela oBale amalati, w'enza oAshera, wa kuleka kulo ibandhla lonke lezulu, wa li konza. **4** W'aka amalati endhlini ka Jehova, a ti ngayo uJehova, Igama lami lo ba kona eJerusalem ku ze ku be nini. **5** W'akela ibandhla lonke lezulu amalati emagcekeni omabili endhlu ka Jehova. **6** Wa dabulisa abantwana bake emlilweni emhosheni wendodana ka Hinom wa ba inyanga yemihlola, wa twebula, w'enza ubwanuse, wa e zwana naba nemilozikazana, nezangoma: w'enza okuningi okubi emehlweni ka Jehova, ukuba a m cunule. **7** Wa misa umfanekiso obaziweyo wesitombe, a be senzile, endhlini ka Nkulunkulu, owa e te ngayo uNkulunkulu ku Davida na ku Solomon indodana yake, Ku le ndhlu, na seJerusalem, engi li kete kuzo zonke izizwe za kwa Israeli, ngi ya kubeka igama lami ku ze ku be nini: **8** futi a ngi yi kubuya ngi suse unyawo lu ka Israeli ezweni engi li misele oyihlo, uma kodwa be ya kuqapela ukukwenza konke engi ba yale ngako, wonke umteto nezimiso namasiko a fika ngoMoses. **9** UManase w'edusa uJuda nabakileyo eJerusalem, b'enza okubi okukulu kunezizwe uJehova azishabalalisayo pambi kwaba kwa Israeli.

10 UJehova wa kuluma ku Manase, na ku bantu bake; kodwa ka ba lalelanga. **11** Ngakoke uJehova wa leta pezu kwabo izinduna zempi yenkosi ya seAsiriya, ezona za bamba uManase ngozankosi, za m bopa ngamaketanga etusi, za m yisa eBabulon. **12** Kwa ti e sosizini, wa shweleza ku Jehova uNkulunkulu wake, wa zitoba kakulu pambi ku ka Nkulunkulu wa oyise. **13** Wa tandaza ku yena; wa ncengeka, w'ezwa ukunxusa kwake, wa m buyisela eJerusalem embusweni wake. UManase w'azike ukuba uJehova uyena Nkulunkulu.

14 Ngasemva kwa loku w'aka ugange olu ngapandhle lomuzi ka Davida, nga sentshonalanga kweGihon, esihlanjeni, ku ze ku be sekungeneni kwesango lezinhlanzi; wa haqa ne-Ofeli, wa lu pakamisa kakulu: wa beka izinduna ezi ngamaqawe emizini yonke ebiyelweyo ya kwa Juda. **15** Wa susa onkulunkulu bezizwe nesitombe endhlini ka Jehova, namalati onke a e w'akile entabeni yendhlu ka Jehova, na seJerusalem, wa wa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UAmon. UJosiya, ukushisekela kwake inkolo.

ntshinga ngapandhle kwomuzi. 16 W'aka ilati li ka Jehova, wa hlabela kulo imihlatshelo yeminikelo yokutula neyokubonga, wa yala uJuda ukuba a konze uJehova, uNkulunkulu ka Israeli. 17 Nokoke abantu ba be sa hlabela ezindaweni ezipakemeyo, kepa be kwenza ku Jehova uNkulunkulu wabo kupela.

18 Ezinye izindaba zi ka Manase, nomtandazo wake ku Nkulunkulu wake, namazwi ababoni aba kuluma ku yena egameni li ka Jehova, uNkulunkulu ka Israeli, bheka, zi lotshiwe ezindabeni zamakosi a kwa Israeli. 19 Umtandazo wake futi, nokuncengeka ku ka Nkulunkulu nguye, nokwona konke kwake nesipambuko sake, nezindawo aka kuzo izindawo ezipakemeyo, wa misa oAshera nezitombe ezibaziweyo, e nga ka zitobi, bheka, ku lotshiwe ezindabeni zi ka Hozayi. 20 UManase wa lalake na okoko bake, ba m mbela endhlini yake: uAmon indodana yake wa busa esikundhleni sake.

21 UAmon wa e neminyaka e ngamashumi amabili nambili ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa iminyaka emibili eJerusalem. 22 W'enza okubi emehlweni ka Jehova, njengakwenzayo uManase uyise; uAmon wa hlabela zonke izitombe ezibaziweyo e be z'enziwe uManase uyise, wa zi konza. 23 A ka zitobanga pambi ku ka Jehova, njengokuzitoba ku ka Manase uyise; kodwa uAmon lo w'andisa njalo amacala. 24 Izinceku zake za m enzela uzungu, za m bulala endhlini yake. 25 Kodwa abantu bezwe ba bulala bonke ab'enzela uzungu inkosi uAmon; abantu bezwe ba beka uJosiya indodana yake a be inkosi esikundhleni sake.

34 UJosiya wa e neminyaka e isishiyangalombili ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa iminyaka e ngamashumi amatatu nanye eJerusalem. 2 W'enza oku te ntse emehlweni ka Jehova, wa hamba ngezindhlela zi ka Davida uyise, a ka pambukelanga ngakwesokunene na ngakwesokohlo. 3 Ngokuba ngomnyaka wesishiyangalombili wokubusa kwake, e se umfana, wa qala ukufuna uNkulunkulu ka Davida uyise; ngomnyaka weshumi nambili wa qala ukuhlambulula ela kwa Juda neJerusalem e susa izindawo ezipakemeyo, na oAshera, nezitombe ezibaziweyo, nezitombe ezibunjiweyo. 4 Ba bidhliza amalati a oBale pambi kwake; nemifanekiso yelanga eya i ngapezu kwawo wa yi gaula; na oAshera, nezitombe ezibaziweyo, nezitombe ezibunjiweyo, wa zi pahlaza, wa zi colisisa, wa zi vumvuzela pezu kwamatuna a labo aba be zi hlabela. 5 Wa shisa amatambo abapristi pezu kwamalati abo, wa hlambulula ela kwa Juda neJerusalem. 6 W'enze njalo na semizini ya kwa Manase neya kwa Efrayim neya kwa Simeon, kwa ze kwa ba kwa Nafetali, kuwo amazwekufa abo inxa zonke. 7 Wa bidhliza amalati, wa gxoba oAshera nezitombe ezibaziweyo kwa ba incushuncushu, wa gaula imifanekiso yonke yelanga ezweni lonke la kwa Israeli wa buyela eJerusalem.

8 Ngomnyaka weshumi nesishiyangalombili wokubusa kwake, e se hlambulule izwe nendhlu, wa tuma uShafan ka Azaliya, noMahaseya umbusi womuzi, noJowa ka Jowahazi umlobi wezindaba, ukuba ba lungise indhlu ka Jehova uNkulunkulu wake. 9 Ba fika ku Hilekiya umpristi omkulu, ba m nika imali eya i letwe endhlini ka Nkulunkulu, eya butwa abaLevi, abalind'iminyango, esandhleni saba kwa Manase noEfrayim, nensali yonke ya kwa Israeli, na ku Juda wonke noBenjamin, na kwabakileyo eJerusalem. 10 Ba yi nikeza esandhleni sezisebenzi ezi pata indhlu ka Jehova; za yi nika izisebenzi eza zi sebenza endhlini ka Jehova ukuze ku valwe izindawo ezidilikileyo ku lungiswe indhlu: 11 za yi nika ababazi nab'aki, ukuba ba tenge amatshe abaziweyo, nemiti yokuhlanganisa, nokwenza imiqadi yezindhlu eza citwa amakosi a kwa Juda. 12 Amadoda enza umsebenzi ngokwetembe-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ka: abapati babo ba be nguJahati noObadiya, abaLevi, ku madodana ka Merari; noZekariya noMeshulam, ku madodana amaKohati, ukubongamela; nabanye ku baLevi, bonke aba amagagu ezinto zokuvuma. 13 Futi ba be pate aba twala imitwalo, b'ongamela bonke ab'enze umsebenzi wezinkonzo ngezinkonzo: ku baLevi kwa ku kona ababhali, nezinduna, nabalindi'masango.

14 Kwa ti se be kipile imali eya letwa endhlini ka Jehova, uHilekiya umpristi wa fumana incwadi yomteto ka Jehova ngoMoses. 15 UHilekiya wa pendula wa ti ku Shafan umbhali, Ngi fumene incwadi yomteto endhlini ka Jehova. UHilekiya wa nika uShafan incwadi. 16 UShafan wa yisa incwadi enkosini, futi wa buyisela izwi enkosini, e ti, Konke oku nikwe izinceku zako, zi ya kwenza. 17 Zi tulule imali eya funyanwa endhlini ka Jehova, za yi beka esandhleni sabapati, na sesandhleni sezisebenzi. 18 UShafan umbhali wa tshela inkosi, wa ti, UHilekiya umpristi u ngi nike incwadi. UShafan wa funda kuyo pambi kwenkosi. 19 Kwa t'uba inkosi i zwe amazwi omteto, ya hxebula izingubo zayo. 20 Inkosi ya yala uHilekiya, noAhikam ka Shafan, noAbedon ka Mika, noShafan umbhali, noAsaya inceku yenkosi, i ti, 21 Hambani, ni yo ngi buzela ku Jehova, mina nabaseleyo kwa Israeli na kwa Juda, ngamazwi encwadi efunyanisiweyo; ngokuba ku kulu ukufuteka ku ka Jehova oku tululwe pezu kwetu, ngokuba obaba be nga gcinanga izwi li ka Jehova, ukuba benze njengako konke okulotshiweyo ku le ncwadi.

22 UHilekiya, na labo aba shiwo inkosi, ba ya ku Hulda umprofetikazi, umka Shalum ka Tokati, ka Hasera, o gcina izingubo (yena wa e hlala eJerusalem enxenyeni yesibili yalo); ba kuluma kanjalo ku yena. 23 Wa ti kubo, U ti uJehova, uNkulunkulu ka Israeli, M tsheleni lo muntu onitumileyo kimi, ni ti, 24 U ti uJehova, Bheka, ngi ya kuleta ububi ku le ndawo, na kubo abakileyo kuyo, iziqalekiso zonke ezilotshiweyo encwadini abayifundileyo pambi kwenkosi ya kwa Juda. 25 Ngokuba ba ngi shiyile, ba tunqisa impepo konkulunkulu abanye, ukuba ba ngi cunule ngemisebenzi yonke yezandhla zabo; ngakoke ukufuteka kwami ku tululelwe ku le ndawo, a ku yi kucinywa. 26 Kodwa a no ti enkosini ya kwa Juda, enitumileyo ukubuza ku Jehova, U ti uJehova, uNkulunkulu ka Israeli: Mayelana namazwi owezwileyo, 27 ngokuba inhliziyo yako i bi tambile, wa zitoba pambi ku ka Nkulunkulu, ekuzweni kwako amazwi ake nga le ndawo, na ngabakileyo kuyo, wa zitoba pambi kwami, wa hxebula izingubo zako, wa kala pambi kwami; nami ngi ku zwile, u sho uJehova. 28 Bheka, ngi ya kukwelekela kokoko bako; u ya kwelekelwa etuneni lako ngokutula, amehlo ako a ka yi kubona ububi bonke engi ya kubuleta ku le ndawo, na kwabakileyo kuyo. Ba yi buyisela inkosi izwi.

29 Inkosi ya tuma ya buta amalunga onke a kwa Juda nawa seJerusalem. 30 Inkosi y'enyukela endhlini ka Jehova, kanye nabantu bonke ba kwa Juda nabakileyo eJerusalem, nabapristi, nabaLevi, nabantu bonke, abakulu nabancane: ya funda ezindhlebeni zabo onke amazwi encwadi yesivumelwano eya funyanwa endhlini ka Jehova. 31 Inkosi y'ema endaweni yayo, y'enza isivumelwano pambi ku ka Jehova, ukulandela uJehova, nokugcina imiyalo yake, nezifakazo zake, nezimiso zake, ngayo yonke inhliziyo yayo, na ngawo wonke umpefumulo wayo, ukwenza amazwi esivumelwano alotshiweyo ku le ncwadi. 32 W'enza ukuba bonke aba funyanwa eJerusalem na kwa Benjamin ukuba b'eme ngaso. Abakileyo eJerusalem b'enza njengesivumelwano si ka Nkulunkulu, uNkulunkulu wa oyise. 33 UJosiya wa susa onke amacilo emazweni onke aba kwa Israeli, w'enza ukuba bonke aba funyanwa kwa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

IPasika elenziwa uJosiya.

Israeli ba konze, ba konze uJehova uNkulunkulu wabo. Izinsuku zonke zake a ba sukanga ekumlandeleni uJehova, uNkulunkulu wa oyise.

35 UJosiya w'enza ipasika ku Jehova eJerusalem: ba hlaba ipasika ngosuku lweshumi nane lwenyanga yokuqala. 2 Wa misa abapristi ezikundhleni zabo, wa ba qung'isibindi enkonzweni yendhlu ka Jehova. 3 Wa ti ku baLevi aba fundisa uIsraeli wonke, aba be ngcwele ku Jehova, Bekani umpongolo ongcwele endhlini ey'akiwa uSolomon ka Davida inkosi ya kwa Israeli; a ku sa yi kubako mtwalo emahlombe enu. Kalokuke konzani uJehova, uNkulunkulu wenu, nabantu bake uIsraeli; 4 ni zilungise ngezindlhu za oyihlo ngezigaba zenu, njengokulobà ku ka Davida inkosi ya kwa Israeli, na njengokuloba ku ka Solomon indodana yake. 5 Ni me endaweni engcwele njengamaqembu ezindhlu za oyihlo zabafo wenu abantwana babantu, ilelo li be nesabelo sendhlu ka yise yabaLevi. 6 Ni hlabe ipasika, ni zingcwelise, ni lungisele abafo wenu, ukuba b'enze njengezwi li ka Jehova ngoMoses.

7 UJosiya wa nika abantwana babantu, emihlambini, izimvana namacwane, konke ku be iminikelo yepasika, kubo bonke aba be kona, umumo wako u izinkulungwane ezi ngamashumi amatatu, namaduna a izinkulungwane ezintatu: loku kwa ku okwempahla yenkosi. 8 Izikulu zake za nika abantu, nabapristi, nabaLevi okwomnikelo wesihle. UHilekiya noZekariya noJehiyeli, ababusi bendhlu ka Nkulunkulu, ba nika abapristi ku be iminikelo yepasika izinkulungwane ezimbili namakulu a isitupa izilwane ezincane, nezinkomo ezi ngamakulu amatatu. 9 UKonaniya futi, noShemaya noNetaneli, abafo wabo, noHashabiya noJehiyeli no Jozabadi, izikulu zabaLevi, ba nika abaLevi, ku be iminikelo yepasika izinkulungwane ezi isihlanu izilwane ezincane, nezinkomo ezi ngamakulu a isihlanu.

10 Kwa lungiswake inkonzo, abapristi b'ema endaweni yabo, nabaLevi ngezigaba zabo, ngokwomyalo wenkosi. 11 Ba hlaba ipasika, abapristi ba fafaza igazi aba l'amkela esandhleni sabo, abaLevi ba zi hlinza. 12 Ba susa iminikelo eshiswayo, ukuba ba yi nikeze njengamaqembu ezindhlu za oyise zabantwana babantu, ba yi nikele ku Jehova, njengokulotshiweyo encwadini ka Moses. B'enze njalo na ngezinkomo. 13 B'osa ipasika ngomlilo njengesiko: iminikelo engcwele ba yi peka emakanzini, na sezimbizeni, na semapanini, ba yi sheshisela kubo bonke abantwana babantu. 14 Andubake ba zilungisele bona, nabapristi, ngokuba abapristi amadodana ka Aron a e sekunikeleni iminikelo eshiswayo namanoni kwa ze kwa hlwa: ngakoke abaLevi ba zilungisela bona, nabapristi amadodana ka Aron. 15 Abahlabeleli amadodana ka Asafu ba be sendaweni yabo ngokwomyalo ka Davida noAsafu, noHeman, noJedutun umboni wenkosi; nabalindi'masango ba be semasangweni onke: ka ba dinganga ukusuka enkonzweni yabo; ngokuba abafo wabo abaLevi ba ba lungisela.

16 Inkonzo yonke ka Jehova ya lungiswake nga lolo suku, ukwenza ipasika, nokunikela iminikelo eshiswayo elatini li ka Jehova, ngokwomyalo wenkosi uJosiya. 17 Aba kwa Israeli aba be kona b'enza ipasika nga leso sikati, nomkosi wesinkwa esi nge na mvubelo izinsuku ezi isikombisa. 18 A ku zanga kwenziwe ipasika eli njenga lelo kwa Israeli ku sukela ezinsukwini zi ka Samuweli umprofeti; futi amakosi onke a kwa Israeli, ka zanga a l'enze ipasika eli njenga lelo el'enziwa uJosiya, nabapristi, nabaLevi, noJuda wonke naba-Israeli aba be kona, nabakileyo eJerusalem. 19 Ngomnyaka weshumi nesishiyangalombili wokubusa ku ka Josiya leli pasika l'enziwa.

20 Ngasemva kwako konke loku, uJosiya e se lungise itempeli, uNeko inkosi ya sEgipite w'enyukela e

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukufa kwake. UZedekiya u ya hlubuka. Ku citwa iJerusalem.

hlasela iKarkemishe nga seUfrate: uJosiya wa puma ukuhlangabezana naye. 21 Kepa wa tuma amanxusa ku yena, e ti, Ngi na msebenzi muni nawe, wena nkosi ya kwa Juda? A ngi hlasele wena namhla, ngi hlasele indhlu engi lwa nayo; uNkulunkulu u te ma ngi sheshe: yeka ukuzileba ku Nkulunkulu, o kimina, ukuze a nga ku bubisi. 22 Noko uJosiya a ka guqukanga kuye, wa z'enza umuntu mumbe, ukuba a lwe naye, a ka lalelanga amazwi ka Neko a puma emlonyeni ka Nkulunkulu, w'eza ukulwa esigodini sa seMegido. 23 Abemicibisholo ba cibishela inkosi uJosiya; ya ti inkosi ezincekwini zayo, Ngi gudhluzeni; ngokuba ngi kutshaziwe kabi. 24 Ngakoke izinceku zake za m kipa enqolaneni yake yempi, za m kwelisa kweyesibili inqolana yempi a nayo, za m leta eJerusalem; wa fa, w'embelwa ematuneni a oyise. AbaJuda bonke neJerusalem ba lilela uJosiya. 25 UJeremiya naye wa lilisela ngoJosiya; bonke abahlabeleli besilisa nabesifazana ba kuluma ngoJosiya ekuliliseni kwabo ku ze ku be namhla; ba kw'enza isimiso kwa Israeli bheka, ku lotshiwe encwadini yezililo. 26 Ezinye izindaba zi ka Josiya, nezenzo zake zobunene, njengokulotshiweyo emtetweni ka Jehova, 27 nezenzo zake zokuqala nezokugcina, bheka, zi lotshiwe encwadini yamakosi a kwa Israeli n'a kwa Juda.

36 Abantu bezwe ba se be tata uJehowahazi ka Josiya, ba m beka inkosi esikundhleni si ka yise eJerusalem. 2 UJehowahazi wa e neminyaka e ngamashumi amabili nantatu ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa izinyanga ezintatu eJerusalem. 3 Inkosi ya sEgipite ya m kipa ebukosini eJerusalem, ya hlaulisa izwe ngamatalenta esiliva a ikulu netalenta legolide. 4 Inkosi ya sEgipite ya beka uEliyakim umfo wabo a be inkosi kwa Juda na seJerusalem, ya guqula igama lake la ba uJehoyakim. UNeko wa tata uJehowahazi umfo wabo, wa m yisa Egipite.

5 UJehoyakim wa e neminyaka e ngamashumi amabili nesihlanu ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa iminyaka e ishumi nanye eJerusalem: w'enza okubi emehlweni ka Jehova uNkulunkulu wake. 6 UNebukadenezare inkosi ya seBabulon w'enyuka e m hlasela, wa m bopa ngamaketanga etusi, wa m yisa eBabulon. 7 Futi uNebukadenezare w'emuka nokunye kwezimpahla zendhlu ka Jehova wa zi yisa eBabulon, wa zi beka etempelini lake eBabulon. 8 Ezinye izindaba zi ka Jehoyakim, namacilo ake awenzayo, na loko okwa funyanwa kuye, bheka, ku lotshiwe encwadini yamakosi a kwa Israeli na kwa Juda: uJehoyakin indodana yake wa busa esikundhleni sake.

9 UJehoyakin wa e neminyaka e isishiyangalombili ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa izinyanga ezintatu nezinsuku ezi ishumi eJerusalem; w'enza okubi emehlweni ka Jehova. 10 Ekutwaseni kwomnyaka inkosi uNebukadenezare ya tuma, ya m leta eBabulon, kanye nezimpahla ezinxanelekayo zendhlu ka Jehova, wa beka uZedekiya umfo wabo a be inkosi kwa Juda na seJerusalem.

11 UZedekiya wa e neminyaka e ngamashumi amabili nanye ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa iminyaka e ishumi nanye eJerusalem: 12 w'enza okubi emehlweni ka Jehova uNkulunkulu wake; a ka zitobanga pambi ku ka Jeremiya umprofeti e kuluma okomlomo ka Jehova. 13 Futi wa hlubuka ku Nebukadenezare inkosi, owa e m fungise uNkulunkulu; kodwa wa y'enza lukuni intamo yake, nenhliziyo yake wa y'enza nqosholo ekubuyeleni ku Jehova, uNkulunkulu ka Israeli. 14 Futi zonke izikulu zabapristi, nabantu, ba pambuka kakulu ngokwamacilo onke ezizwe; ba ngcolisa indhlu ka Jehova a e yi ngcwelisile eJerusalem. 15 UJehova, uNkulunkulu wa oyise, wa tumela ku bona ngezigijimi zake, e vuka ekuseni e tuma, ngokuba wa e haukela abantu bake, nekaya lake: 16 kodwa ba hxolodela izigijimi zi ka

Digitized by Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku tunjwa abantu. UKurosi u ti ma kwakiwe itempeli.

Nkulunkulu, ba delela amazwi ake, ba swabulela abaprofeti bake, lwa ze lwa vuka ulaka lu ka Jehova ngabantu bake, kwa ze kwa nga biko ukwelashwa.

17 Ngakoke wa leta pezu kwabo inkosi yamaKaledi, eya bulala izinsizwa zabo ngenkemba endhlini yendawo yabo engcwele, a i haukelanga na nsizwa na ntombi, na xegu no se gugile: wa ba kapela bonke esandhleni sayo. **18** Izimpahla zonke zendhlu ka Nkulunkulu, ezinkulu nezincane, nengcebo yendhlu ka Jehova, nengcebo yenkosi, neyezikulu zake, konke loku wa ku yisa eBabulon. **19** Ba shisa indhlu ka Nkulunkulu, ba bidhliza ugange lweJerusalem, ba shisa zonke izindhlu zalo za komkulu ngomlilo, ba bulala zonke izimpahla ezinxanelekayo zalo. **20** Abasalayo enkembeni wa ba tumbela eBabulon; ba ba izigqili zake kona, nezamadodana ake kwa ze kwa busa umbuso wa sePersiya: **21** ukuba ku gcwaliseke izwi li ka Jehova ngomlomo ka Jeremiya, li ze li tokoze izwe ngamasabata alo: ngokuba ngaso sonke isikati li incitakalo la gcina isabata, ukugcwalisa iminyaka e ngamashumi a isikombisa.

22 Ngomnyaka wokuqala ka Kurosi inkosi ya sePersiya, ukuba ku fezeke izwi li ka Jehova ngomlomo ka Jeremiya, uJehova wa vusa umoya ka Kurosi inkosi ya sePersiya, wa memezela kuwo wonke umbuso wake, wa ku loba futi, wa ti, **23** U ti uKurosi inkosi ya sePersiya, UJehova, uNkulunkulu wezulu, u ngi nike imibuso yonke yomhlaba; u ngi yale ukuba ngi m akele indhlu eJerusalem, eli kwa Juda. Wonke umuntu pakati kwenu o ngowabantu bake, uJehova uNkulunkulu wake a ka be naye, enyuke.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

INCWADI KA

EZRA

UKurosi u ti ma kwakiwe itempeli. Ingcebo yalo. Ababuyayo.

1 Ngomnyaka wokuqala ka Kurosi inkosi ya sePersiya, ukuba ku fezeke izwi li ka Jehova ngomlomo ka Jeremiya, uJehova wa vusa umoya ka Kurosi inkosi ya sePersiya, wa memezela kuwo wonke umbuso wake, wa ku loba futi, wa ti, 2 U ti uKurosi inkosi ya sePersiya, U-Jehova, uNkulunkulu wezulu, u ngi nike imibuso yonke yomhlaba; u ngi yale ukuba ngi m akele indhlu eJerusalem, eli kwa Juda. 3 Wonke umuntu pakati kwenu o ngowabantu bake, uNkulunkulu wake a ka be naye, enyukele eJerusalem, eli kwa Juda, ake indhlu ka Jehova, u-Nkulunkulu ka Israeli (yena u ngu-Nkulunkulu), e seJerusalem. 4 Naye wonke oseleyo, noma ku yipi indawo lapa e te gozololo kona, abantu bendawo a kuyo 'a ba m size ngesiliva, negolide, nempahla, nezinkomo, ngapandhle kwomnikelo wesihle wendhlu ka Nkulunkulu e seJerusalem.

5 Kwa se ku suka izinhloko zezindhlu za oyise za kwa Juda neza kwa Benjamin, nabapristi, nabaLevi, bona bonke, uNkulunkulu a vuse umoya wabo ukuba b'enyukele ukwaka indhlu ka Jehova e se-Jerusalem. 6 Bonke ababazungezileyo ba qinisa izandhla zabo ngezitsha zesiliva, na ngegolide, na ngempahla na ngezinkomo, na ngezinto ezinqabileyo, ngapandhle kwako konke okwa nikelwa ngokuqutshwa inhliziyo. 7 NoKurosi inkosi wa kipa izitsha zendhlu ka Jehova, uNebukadenezare a be zi kipe eJerusalem, wa zi beka endhlini ya onkulunkulu bake; 8 zona lezo wa zi kipa uKurosi inkosi ya sePersiya ngesandhla si ka Mitredati umpati wengcebo, wa zi balela ku Sheshebazare, isikulu sa kwa Juda. 9 Yilo umumo wazo: izingqoko zegolide ezi ngamashumi amatatu, izingqoko zesiliva ezi inkulungwane, imimese e ngamashumi amabili nesishiyangalolunye, 10 imicakulo yegolide e ngamashumi amatatu, nemicakulo yesiliva yohlobo lwesibili e ngamakulu amane neshumi, nezinye izitsha ezi inkulungwane. 11 Zonke izitsha zegolide n'ezesiliva za zi izinkulungwane ezi isihlanu namakulu amane. Zonke lezi z'enyuswa uSheshebazare, ekwenyusweni kwabatunjiweyo be suka eBabulon ba ya eJerusalem.

2 Yilabake abantwana bezwe, ab'enyuka be suka ekutunjweni, kwaba be qutshulwe nguNebukadenezare inkosi ya seBabulon, wa ba qubulela eBabulon, ba buyela eJerusalem na kwa Juda, ilowo emzini wa kubo; 2 aba fika noZerubabeli, noJeshua, noNehemiya, noSeraya, noRelaya, noMordekayi, noBileshan, noMispare, noBigwayi, noRehum, noBahana.

Umumo wabantu besizwe sa kwa Israeli: 3 aba kwa Paroshi izinkulungwane ezimbili nekulu namashumi a isikombisa nambili. 4 Aba kwa Shefatiya, amakulu amatatu namashumi a isikombisa nambili. 5 Aba kwa Ara, amakulu a isikombisa namashumi a isikombisa nesihlanu. 6 Aba kwa Pahati-moabe, aba Kwa Jeshua noJowabi, izinkulungwane ezimbili namakulu a isishiyangalombili neshumi nambili. 7 Aba kwa Elam, inkulungwane namakulu amabili namashumi a isihlanu nane. 8 Aba kwa Zatu, amakulu a isishiyangalolunye namashumi amane nesihlanu. 9 Aba kwa Zakayi, amakulu a isikombisa namashumi a isitupa. 10 Aba kwa Bani, amakulu a isitupa namashumi amane nambili. 11 Aba kwa Bebayi, amakulu a isitupa namashumi amabili nantatu. 12 Aba kwa Azegadi, inkulungwane namakulu amabili namashumi amabili

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Aba buya eBabulon.

nambili. **13** Aba kwa Adonikam, amakulu a isitupa namashumi a isitupa nesitupa. **14** Aba kwa Bigwayi, izinkulungwane ezimbili namashumi a isihlanu nesitupa. **15** Aba kwa Adin, amakulu amane namashumi a isihlanu nane. **16** Aba kwa Atere, ka Hezekiya, amashumi a isishiyangalolunye nesishiyangalombili. **17** Aba kwa Bezayi, amakulu amatatu namashumi amabili nantatu. **18** Aba kwa Jora, ikulu neshumi nambili. **19** Aba kwa Hashum, amakulu amabili namashumi amabili nantatu. **20** Aba kwa Gibare, amashumi a isishiyangalolunye nesihlanu. **21** Aba seBetelehem, ikulu namashumi amabili nantatu. **22** Abantu ba seNetofa, amashumi a isihlanu nesitupa. **23** Abantu ba seAnatoti, ikulu namashumi amabili nesishiyangalombili. **24** Aba seAzemavete, amashumi amane nambili. **25** Aba seKiriyati-arim, na seKefira, na seBeroti, amakulu a isikombisa namashumi amane nantatu. **26** Aba seRama na seGeba, amakulu a isitupa namashumi amabili nanye. **27** Abantu ba seMikemasi, ikulu namashumi amabili nambili. **28** Abantu ba seBeteli na seAyi, amakulu amabili namashumi amabili nantatu. **29** Aba seNebo, amashumi a isihlanu nambili. **30** Aba seMagebishe, ikulu namashumi a isihlanu nesitupa. **31** Aba kwa Elam omunye, inkulungwane namakulu amabili namashumi a isihlanu nane. **32** Aba kwa Harim, amakulu amatatu namashumi amabili. **33** Aba seLodi, na seHadide, na seOno, amakulu a isikombisa namashumi amabili nesihlanu. **34** Aba seJeriko, amakulu amatatu namashumi amane nesihlanu. **35** Aba seSena, izinkulungwane ezintatu namakulu a isitupa namashumi amatatu.

36 Abapristi: aba kwa Jedaya, bendhlu ka Jeshua, amakulu a isishiyangalolunye namashumi a isikombisa nantatu. **37** Aba kwa Imere, inkulungwane namashumi a isihlanu, nambili. **38** Aba kwa Pashure, inkulungwane namakulu amabili namashumi amane nesikombisa. **39** Aba kwa Harim, inkulungwane neshumi nesikombisa.

40 AbaLevi: aba kwa Jeshua no-Kademiyeli, ba kwa Hodaviya, amashumi a isikombisa nane. **41** Abahlabeleli: aba kwa Asafu, ikulu namashumi amabili nesishiyangalombili. **42** Abantwana babalindi'masango: aba kwa Shalum, aba kwa Atere, aba kwa Talemon, aba kwa Akubi, aba kwa Hatita, aba kwa Shobayi, bonke ba be ikulu namashumi amatatu nesishiyangalolunye.

43 AmaNetini: aba kwa Ziha, aba kwa Hasufa, aba kwa Tabayoti, **44** aba kwa Kerosi, aba kwa Siyaha, aba kwa Padon, **45** aba kwa Lebana, aba kwa Hagaba, aba kwa Akubi, **46** aba kwa Hagabe, aba kwa Shamelayi, aba kwa Hanan, **47** aba kwa Gideli, aba kwa Gahare, aba kwa Rehaya, **48** aba kwa Rezin, aba kwa Nekoda, aba kwa Gazam, **49** aba kwa Uza, aba kwa Paseya, aba kwa Besayi, **50** aba kwa Asena, aba kwa Mehun, aba kwa Nefisim, **51** aba kwa Bakebuke, aba kwa Hakufa, aba kwa Harehuri, **52** aba kwa Bazeluti, aba kwa Mehida, aba kwa Haresha, **53** aba kwa Barkosi, aba kwa Sisera, aba kwa Tema, **54** aba kwa Neziya, aba kwa Hatifa.

55 Abantwana bezinceku zi ka Solomon: aba kwa Sotayi, aba kwa Hasofereti, aba kwa Peruda, **56** aba kwa Jahala, aba kwa Darkon, aba kwa Gideli, **57** aba kwa Shefatiya, aba kwa Hatili, aba kwa Pokeretihazebayim, aba kwa Ami. **58** Onke amaNetini, nabantwana bezinceku zi ka Solomon, ba be ngamakulu amatatu namashumi a isishiyangalolunye nambili.

59 Yilaba ab'enyuka be puma eTele-mela, na seTele-haresha, na seKerubi, na seAdan, na kwa Imere; kepa ba be nge na kusho izindhlu za oyise, nokuzalwa kwabo, ukuti ba ngaba kwa Israeli yini: **60** aba kwa Delaya, aba kwa Tobiya, aba kwa Nekoda, amakulu a isitupa namashumi a isihlanu nambili. **61** Ku bantwana

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

babapristi: aba kwa Habaya, aba kwa Hakozi, aba kwa Barzilayi, owa ganwa owamadodakazi ka Barzilayi wa kwa Giliyadi, wa bizwa ngegama lawo. **62** Laba ba funa ukubhalwa kwabo pakati kwababalwayo ngomlibo wokuzalwa kodwa ka ba funyanwanga: ngakoke kwa tiwa ba ngcolile ba kishwake ebupristini. **63** Umbusi wa ti kubo, ma ba nga dhli okungcwelengcwele, ku ze ku vele umpristi o noUrim noTumim.

64 Umbutano wonke u su hlangene wa u izinkulungwane ezi ngamashumi amane nambili, namakulu amatatu namashumi a isitupa, **65** ngapandhle kwezigqili nezigqilikazi zabo, eza zi izinkulungwane ezi isikombisa namakulu amatatu namashumi amatatu nesikombisa: ba be nabahlabelelayo abesilisa nabesifazana aba ngamakulu amabili. **66** Amahashi abo a be ngamakulu a isikombisa namashumi amatatu nesitupa; izimbongólo zabo, za zi ngamakulu amabili namashumi amane nesihlanu; **67** amakamelo abo, a be ngamakulu amane namashumi amatatu nesihlanu; izimbongolwana zabo, za zi izinkulungwane ezi isitupa namakulu a isikombisa namashumi amabili.

68 Ezinye izinhloko zezindhlu za oyise, za ti ukufika endhlini ka Jehova e seJerusalem, za nikelela indhlu ka Nkulunkulu zi qutshwa inhliziyo ukuba i miswe endaweni yayo: **69** za nikela njengamandhla azo engcebweni yomsebenzi amadarike egolide a izinkulungwane ezi ngamashumi a isitupa nanye, namamane esiliva a izinkulungwane ezi isihlanu, nezingubo zabapristi ezi ikulu.

70 Abapristi, nabaLevi, nabanye ku bantu, nabahlabeleli, nabalindi'-masango, namaNetini, ba hlala emizini yabo, noIsraeli wonke wa hlala emizini yake.

3 Ya t'uba yetwase inyanga yesikombisa, aba kwa Israeli be semizini, abantu ba butana njengomuntu munye eJerusalem. **2** Kwa se ku suka uJeshua ka Jozadake, nabafo wabo abapristi, noZerubabeli ka Shehaltiyeli, nabafo wabo, b'aka ilati li ka Nkulunkulu ka Israeli, ukuba ba nikele pezu kwalo iminikelo eshiswayo, njengokulotshiweyo emtetweni ka Moses umuntu ka Nkulunkulu. **3** Ba zinzisa ilati endaweni yalo: ngoba ba ngenwa ivuso ngenxa yabantu bamazwe: ba nikela pezu kwalo iminikelo eshiswayo ku Jehova, iminikelo eshiswayo kusasa na ngokuhlwa. **4** B'enza umkosi wamadokodo, njengokulotshiweyo, ba nikela iminikelo eshiswayo imihla ngemihla ngomumo, njengesiko, njengokudingekayo imihla ngemihla; **5** na ngasemva kwa loko umnikelo oshiswayo wa futi, neminikelo yokwetwasa kwezinyanga, nemikosi yonke emisiweyo ka Jehova engcwelisiweyo, n'eyabo bonke aba nikela iminikelo yesihle ku Jehova be qutshwa inhliziyo. **6** Ku sukela osukwini lokuqalalwenyanga yesikombisa ba qala ukunikela iminikelo eshiswayo ku Jehova: kodwa sa si nga ka bekwa isisekelo setempeli li ka Jehova. **7** Ba nika ababazi bamatshe, nababazi bemiti imali; ba nika aba seSidon, naba seTire, ukudhla, nokokupuzwa, namafuta, ukuba ba tate imisedare eLebanon ba yi yise ngolwandhle eJopa, njengokuvunyelwa kwabo u-Kurosi inkosi ya sePersiya.

8 Ngomnyaka wesibili wokufika kwabo endhlini ka Nkulunkulu eJerusalem, ngenyanga yesibili, uZerubabeli ka Shehaltiyeli, noJeshua ka Jozadake, nabafo wabo abanye abapristi nabaLevi, nabo bonke aba fika eJerusalem be vela ekutunjweni, ba qala ba misa abaLevi, ku qala kwaba neminyaka e ngamashumi amabili ku ya kwaba n'engapezulu, ukuba b'ongamele umsebenzi wendhlu ka Jehova. **9** Kwa se ku suka uJeshua namadodana ake nabafo wabo, uKademiyeli namadodana ake, amadodana ka Juda, kanyekanye, ukuba b'ongamele izisebenzi endhlini ka Nkulunkulu: amadodana ka Henadade, namadodana awo, nabafo wabo abaLevi. **10** Kwa t'uba abaki ba

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izita zi tiya umsebenzi. Zi bhalela uArtashashta.

beke isisekelo setempeli li ka Jehova, ba misa abapristi be hlobile be namacilongo, nabaLevi amadodana ka Asafu be nezinkencezo, ukuba ba dumise uJehova, njeng'okwa miswa uDavida inkosi ya kwa Israeli. 11 Ba hlabelela be pendulana ekudumiseni na sekubongeni uJehova, be ti, Ngokuba u mnene, ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini ku Israeli. Bonke abantu ba hlokoma ngokuhlokoma okukulu, ekudumiseni kwabo uJehova, ngoba se si bekiwe isisekelo sendhlu ka Jehova. 12 Kepa abaningi ku bapristi nabaLevi nezinhloko zezindhlu za oyise, amaxegu a e bonile indhlu yokuqala, ekubekweni kwesisekelo sa le ndhlu pambi kwamehlo awo, a kala ngezwi elikulu; abaningi ba hlokoma be kamuluka ngokutokoza: 13 abantu ba be nge na kuqaza umsindo wokuhlokoma kwokutokoza nomsindo wokukala kwabantu; ngokuba abantu ba hlokoma ngokuhlokoma okukulu, umsindo w'ezwakala kude.

4 Kwa t'uba aba yimpi ku Juda na ku Benjamin b'ezwe ukuti abantwana ba sekutunjweni b'akela uJehova, uNkulunkulu ka Israeli, itempeli; 2 ba sondela ku Zerubabeli, na kuzo izinhloko zezindhlu za oyise, ba ti kuzo, Ma si n'akise; ngoba nati si funa uNkulunkulu wenu, njengani; si ya m hlabela ku sukela emihleni ka Esare-hadon inkosi ya seAsiriya, owa s'enyusela lapa. 3 Kodwa uZerubabeli, noJeshua, nezinye izinhloko zezindhlu za oyise za kwa Israeli, ba ti kubo, A ni na msebenzi nati ukwakela uNkulunkulu wetu indhlu; kepa yitina esi zo kwakela uJehova, uNkulunkulu ka Israeli, si sodwa, njengokuyalwa kwetu inkosi uKurosi inkosi ya sePersiya. 4 Abantu bezwe ba se be fenezisa izandhla zabantu ba kwa Juda, ba ba bangela ipapu ekwakeni, 5 ba qasha umpakati wokubatiya, ukushafisa icebo labo, imihla yonke ka Kurosi inkosi ya sePersiya, kwa za kwa ba sekubuseni ku ka Dariyosi inkosi ya sePersiya. 6 Ekubuseni ku ka Ahashwerosi, ekuqaleni kwokubusa kwake, ba bhala be mangalela abakileyo kwa Juda na seJerusalem.

7 Na semihleni ka Artashashta kwa bhala uBishlam, noMitredati, noTabeli, nabanye abangane bake, ku Artashashta, inkosi ya sePersiya; incwadi ya bhalwa ngokubhala kwesiSiriya, ya humushelwa ngesiSiriya. 8 URehum unqamulajuqu noShimshayi umbhali ba loba incwadi nge-Jerusalem ya ya ku Artashashta inkosi, kanjena; 9 konake ba loba oRehum unqamulajuqu, noShimshayi umbhali, nabanye abangane babo, amaDinayi, namaAfarsateki namaTarpeli, namaAfarsi, namaArkevi, namaBabulon, namaShushanki, namaDehavi, namaElam, 10 nezinye izizwe eza tunjwa uOsnapare omkulu odumileyo, wa zi hlalisa emzini wa seSamariya, na kwelinye eli ngapesheya kwoMfula, ba bhala kanje.

11 Yile impinda yencwadi aba yi tuma ku Artashashta inkosi: Izinceku zako abantu aba ngapesheya kwoMfula, zi ti: 12 A kwaziwe inkosi, ukuti abaJuda ab'enyuka kuwe ba fikile kitina eJerusalem; ba y'aka lo muzi ohlubukayo omubi, se be qedile izindonga, ba vuse izisekelo. 13 A kwaziwe kaloku inkosi, ukuti, uma lo muzi w'akiwa, zi qedwe izindonga, a ba yi kuleta isetulo, nentela, nenkokiso, koti ekupeleni ku limaze amakosi. 14 Kalokuke ngokuba si dhla usaoti wa komkulu, ku nga fanele ukuba si buke ukuhlubulwa kwenkosi, ngakoke si tumile s'azisa inkosi; 15 ukuze ku hlolwe encwadini yokukumbuza ya oyihlo: u ya kufumana encwadini yokukumbuza, wazi ukuti lo muzi u ngumuzi ohlubukayo, u ya limaza amakosi namazwe, nokuti kwa ba kona ukwambuka pakati kwawo endulo; nga loko lo muzi w'enziwa izwekufa. 16 Si y'azisa inkosi ukuti, uma w'akiwa lo muzi, zi qedwe izindonga, nga loku a u yi kuba na siqepu ngapesheya kwoMfula.

17 Inkosi ya se i tuma impendulo

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Inkosi i kaula umsebenzi. Ba qala futi. Ku bhalelwa uDariyosi.

ku Rehum unqamulajuqu, noShimshayi umbhali, na kwabanye abangane babo aba hlala eSamariya, na kwelinye eli ngapesheya kwoMfula, yokuti: Ukutula, nokunjalo. **18** Incwadi enayitumayo kitina i fundwe kahle pambi kwami. **19** Ngi mise isiyalezelo, kwa hlolwa, kwa funyanwa ukuti lo muzi endulo wa zipakamisa nga semakosini, kwa ba kona ukuhlubuka nokwambuka pakati kwawo. **20** Kade ku kona eJerusalem amakosi a namandhla, a be busa lonke eli ngapesheya kwoMfula; kwa ku yiswa kuwo isetulo, nentela, nenkokiso. **21** Misani kaloku isiyalezelo sokuyekisa lawa madoda ukuba u ng'akiwa lo muzi, si ze si miswe imina isiyalezelo. **22** Xwayanike ukuba ni nga yeketisi ku loku: ku ngaze ku kule ukwonakala ku limale amakosi na?

23 Se ku fundiwe impinda yencwadi ka Artashashta inkosi pambi ku ka Rehum, noShimshayi umbhali, nabangane babo, ba putuma eJerusalem ku baJuda, ba ba yekisa ngezikwepa na ngamandhla. **24** Wa se u yekwa umsebenzi wendhlu ka Nkulunkulu e seJerusalem; wa yekwa kwa za kwa ba umnyaka wesibili wokubusa ku ka Dariyosi inkosi ya sePersiya.

5 Abaprofeti, uHagayi umprofeti, noZekariya ka Ido, ba profeta ku baJuda aba be kwa Juda na seJerusalem, ngegama li ka Nkulunkulu ka Israeli, owa e kubo. **2** Kwa se ku suka uZerubabeli ka Shehaltiyeli, noJeshua ka Jozadake, ba qala ukwaka indhlu ka Nkulunkulu e seJerusalem; kwa ba kona kubo abaprofeti ba ka Nkulunkulu, be ba siza. **3** Nga leso sikati kwa fika kubo uTatenayi, umbusi wa ngapesheya kwoMfula, noShetare-bozenayi, nabangane babo, ba ti kubo, Ni nikwe ubani isiyalezelo sokuba n'ake le ndhlu, ni qede lolu donga na? **4** Sa se si ba tshela kanje, ukuti a ng'obani amagama amadoda ayakayo le ndhlu. **5** Kodwa iso li ka Nkulunkulu wabo la li pezu kwamalunga abaJuda, a ba ba yekisanga, i ze i ye leyo ndaba ku Dariyosi, ku buye impendulo ngencwadi ngayo.

6 Impinda yencwadi abayitumayo ku Dariyosi, inkosi, oTatenayi umbusi wa ngapesheya kwoMfula, noShetare-bozenayi, nabangane bake ama-Afarsaki, aba be ngapesheya kwoMfula; **7** ba tuma incwadi kuyo, okwa ku lotshwe kuyo ngokuti: ku Dariyosi inkosi a ku be ukutula konke. **8** A kwaziwe inkosi ukuti, sa putuma ezweni la kwa Juda, endhlini ka Nkulunkulu omkulu, eyakiwa ngamatshe amakulu, imiti i fakwa ezindongeni; lo msebenzi u setshenzwa ngesineke u ya hlanhlazeleka ezandhleni zabo. **9** Sa se si buza lawa malunga, sa sho kuwo ukuti, Ni nikwe ubani isiyalezelo sokuba n'ake le ndhlu, ni qede lolu donga na? **10** Sa wa buza futi amagama awo, ukuze si kwazise, ukuba si bhale amagama amadoda a izinhloko zawo. **11** A si buyisela impendulo, ngokuti, Si izinceku zi ka Nkulunkulu wezulu nomhlaba, s'aka indhlu e kade y'akiwa se ku iminyaka eminingi, ey'akiwa inkosi enkulu ya kwa Israeli ya yi qeda. **12** Kepa obaba se be tukutelisile uNkulunkulu wezulu, wa ba kapela esandhleni si ka Nebukadenezare inkosi ya seBabulon, umKaledi, owa cita le ndhlu, wa tumba abantu wa ba yisa eBabulon. **13** Kodwa ngomnyaka wokuqala ka Kurosi, inkosi ya seBabulon, uKurosi inkosi wa misa isiyalezelo sokuba kwakiwe le ndhlu ka Nkulunkulu. **14** Futi izitsha zendhlu ka Nkulunkulu, ezegolide nezesiliva, eza kishwa uNebukadenezare etempelini ela li seJerusalem, wa zi yisa etempelini la seBabulon, lezo uKurosi inkosi wa zi kipa etempelini la seBabulon, za nikwa omunye ogama lake li nguSheshebazare, owa e m beke a be umbusi; **15** wa ti kuye, Tabata lezi zitsha, u ye, u zi beke etempelini eli seJerusalem, indhlu ka Nkulunkulu ma yakiwe endaweni yayo. **16** Kwa se ku fika uSheshebazare lowo, wa beka izisekelo zendhlu ka Nkulunkulu e seJerusalem: ku sukela ku leso sikati

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UDariyosi u qinisa izwi li ka Kurosi. Itempeli li ya pela.

ku ze ku be manje i y'akiwa njalo, a i ka pelike. 17 Kalokuke, uma ku kuhle enkosini, a ke ku hlolwe endhlini yengcebo yenkosi, e lapo eBabulon, ukuba ku njalo yini, ukuti kwa miswa isiyelezelo ngu-Kurosi inkosi sokuba kwakiwe le ndhlu ka Nkulunkulu eJerusalem: inkosi ma i tumele kitina ukubona kwayo nga le ndaba.

6 UDariyosi inkosi wa s'e misa isiyalezelo, kwa hlolwa endhlini yezincwadi, lapo kwa bekelelwa kona ingcebo eBabulon. 2 Kwa funyanwa eAkemeta, endhlini yobukosi e sezweni la seMediya, umqulu, okwa ku lotshwe kuwo isikumbuzo sokuti: 3 Ngomnyaka wokuqala ka Kurosi, inkosi, uKurosi inkosi wa misa isiyalezelo: Ngendhlu ka Nkulunkulu eJerusalem, ma kwakiwe indhlu, indawo lapa ku nikelwa kona imihlatshelo, zi bekwe izisekelo zayo zi qine; ukupakama kwayo ku be izingalo ezi ngamashumi a situpa, ububanzi bayo bu be izingalo ezi ngamashumi a situpa; 4 a i be nezinhla ezintatu zamatshe amakulu, nohla lwemiti emisha: izindhleko ma zi kishwe endhlini yenkosi. 5 Futi izitsha zendhlu ka Nkulunkulu ezegolide nezeziliva, eza kishwa uNebukadenezare etempelini eli seJerusalem, wa zi yisa eBabulon, ma zi buyiselwe, zi yiswe etempelini eli seJerusalem, ku be ileso endaweni yaso; wo zi beka endhlini ka Nkulunkulu.

6 Kalokuke, Tatenayi, mbusi o pesheya kwoMfula, nawe Shetarebozenayi, nabangane benu amaAfarsaki, aba pesheya kwoMfula, yibani kude na leyo nto: 7 wu yekeni umsebenzi wa le ndhlu ka Nkulunkulu; umbusi wabaJuda namalunga abaJuda ma b'ake le ndhlu ka Nkulunkulu endaweni yayo. 8 Futi ngi misa isiyalezelo sokunazisa eni ya ku kwenza ku lawa malunga abaJuda ukuba kwakiwe le ndhlu ka Nkulunkulu: ukuti laba bantu ma ba nikwe ngesineke izindhleko emfuyweni yenkosi, esetulweni sa ngapesheya kwoMfula, ukuba ba nga tiyeki. 9 Na loko abakudingayo, amaduna, nezinqama, nezimvana, ku be iminikelo eshiswayo ku Nkulunkulu wezulu; nokolweni, nosaoti, newayini, namafuta, njengokusho kwabapristi aba seJerusalem, ma ba ku nikwe imihla ngemihla ku nga puti; 10 ukuba ba nikele imihlatshelo e nolwasi olumnandi ku Nkulunkulu wezulu, ba tandazele ukupila kwenkosi, namadodana ayo. 11 Futi ngi mise isiyalezelo, sokuti lowo o suka a guqule leli zwi, ma ku sishulwe uti endhlini yake, a pakanyiswe a betelwe kulo; indhlu yake ma y'enziwe iquba ngenxa ya loku: 12 uNkulunkulu o hlalise igama lake kona ma ka wise amakosi onke nabantu aba ya kuyisa isandhla sabo ukuba ba guqule loku, ba cite le ndhlu ka Nkulunkulu e seJerusalem. Mina Dariyosi ngi mise isiyalezelo; a kwenziwe ngesineke.

13 Konake uTatenayi, umbusi o ngapesheya kwoMfula, noShetarebozenayi nabangane babo, ngoba e tumile uDariyosi inkosi b'enze njalo ngesineke. 14 Amalunga abaJuda aka a hlanhlazeleka, ngokuprofeta ku ka Hagayi umprofeti noZekariya ka Ido. B'aka ba qeda ngokwesiyalezelo si ka Nkulunkulu ka Israeli, na ngokwesiyalezelo si ka Kurosi, noDariyosi, noArtashashta inkosi ya sePersiya. 15 Le ndhlu ya pela ngosuku lwesitatu lwenyanga uAdare, eya i ngomnyaka wesitupa wokubusa ku ka Dariyosi inkosi.

16 Aba kwa Israeli, abapristi nabaLevi, nabanye abantwana ba sekutunjweni, ba gcina ukwahlukaniselwa kwa le ndhlu ka Nkulunkulu ngokujabula. 17 Ba nikela ekwahlukaniselweni kwa le ndhlu ka Nkulunkulu amaduna a ikulu, nezinqama ezi ngamakulu amabili, nezimvana ezi ngamakulu amane; nezimpongo zomnikelo wokwona ngenxa ka Israeli wonke zi ishumi nambili njengomumo wezizwe za kwa Israeli. 18 Ba misa abapristi ngamaqembu abo, nabaLevi ngezigaba zabo, ukupata inkonzo ka Nku-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

lunkulu, e seJerusalem; njengokulotshiweyo encwadini ka Moses.

19 Abantwana ba sekutunjweni b'enza ipasika ngosuku lweshumi nane lwenyanga yokuqala. 20 Ngoba abapristi nabaLevi ba be zihlambulule kanyekanye; bonke ba be hlambululekile: ba hlaba ipasika, ba li hlabela abantwana ba sekutunjweni bonke, nabapristi abafo wabo, nezingqobo zabo. 21 Ba dhlake aba kwa Israeli, aba be buye ekutunjweni nabo bonke aba be z'ahlukanisele kubo ekungcoleni kwezizwe za lelo zwe, ukuba ba fune uJehova, uNkulunkulu ka Israeli, 22 b'enza umkosi wesinkwa esi nge na mvubelo izinsuku ezi isikombisa ngokutokoza: ngokuba uJehova wa e ba tokozisile, wa guqulela inhliziyo yenkosi ya seAsiriya ku bona, ukuba ku qiniswe izandhla zabo emsebenzini wendhlu ka Nkulunkulu, uNkulunkulu ka Israeli.

7 Kwa ti ke emva kwa loku, ekubuseni ku ka Artashashta inkosi ya sePersiya, uEzra ka Seraya ka Azariya, ka Hilekiya, 2 ka Shalum, ka Zadoki, ka Ahitubi, 3 ka Amariya, ka Azariya, ka Merayoti, 4 ka Zerahiya, ka Uzi, ka Buki, 5 ka Abishuwa, ka Finehasi, ka Elasare, ka Aron umpristi omkulu—6 uEzra lo w'enyuka eBabulon. Wa e umbhali o icwepecwepe emtetweni ka Moses, a wu nikwa nguJehova, uNkulunkulu ka Israeli; inkosi ya m nika konke akucelayo, ngokwesandhla si ka Jehova uNkulunkulu wake esa si kuye. 7 Kw'enyuka nabanye aba kwa Israeli, nabapristi, nabaLevi, nabahlabeleli, nabalindi'masango, namaNetini, ba ya eJerusalem, ngomnyaka wesikombisa ka Artashashta inkosi. 8 Wa fika eJerusalem ngenyanga yesihlanu, eya i ngomnyaka wesikombisa wenkosi. 9 Ngoba ngosuku lokuqala lwenyanga yokuqala wa qala ukwenyuka eBabulon; ngosuku lokuqala lwenyanga yesihlanu wa fika eJerusalem, ngokwesandhla esilungileyo si ka Nkulunkulu wake esa si kuye. 10 Ngoba uEzra wa e zinzise inhliziyo yake ukufuna umteto ka Jehova, nokuwenza, nokufundisa kwa Israeli izimiso namasiko.

11 Yile impinda yencwadi inkosi uArtashashta eya yi nika uEzra umpristi umbhali, umbhali wamazwi emiyalo ka Jehova, n'awezimiso zake ku Israeli: 12 UArtashashta, inkosi yamakosi, ku Ezra umpristi, umbhali womteto ka Nkulunkulu wezulu, opeleleyo nokunjalo. 13 Ng'enza isiyalezelo, sokuba bonke aba qutshwa izinhliziyo, embusweni wami, ku bantu ba kwa Israeli, nabapristi babo nabaLevi ukuba ba ye eJerusalem, ba hambe nawe. 14 Loku u tunywa inkosi nompakati wayo abantu aba isikombisa, ukuyobuza ngela kwa Juda neJerusalem, ngokwomteto ka Nkulunkulu wako o sesandhleni sako, 15 u yise isiliva negolide, inkosi nompakati wayo aba li nikele, be qutshwa inhliziyo, ku Nkulunkulu ka Israeli, o kaya lake li seJerusalem, 16 nalo lonke isiliva negolide o ya kulifumana ezweni lonke la seBabulon, kanye nomnikelo wesihle wabantu, n'owabapristi, be nikela be qutshwa inhliziyo be wu nikelela indhlu ka Nkulunkulu wabo e seJerusalem; 17 ngakoke wo tenga ngesineke nga le mali amaduna, nezinqama, nezimvana, neminikelo yazo yempupu neminikelo yazo yokupuzwa, u ku nikele elatini lendhlu ka Nkulunkulu wenu e seJerusalem. 18 Loko okuhle kuwe na ku bafo wenu ukuba ni kwenze ngesiliva negolide eliseleyo, kwenzeni ngokwentando ka Nkulunkulu wenu. 19 Izitsha o zi nikelwe umsebenzi wendhlu ka Nkulunkulu wako, zi buyisele pambi ku ka Nkulunkulu wa seJerusalem. 20 Nokunye oku dingeka ngenxa yendhlu ka Nkulunkulu wako, oku ya kukuvelela ukuba u ku kipe, ku kipe endhlini yengcebo yenkosi. 21 Minake, mina Artashashta inkosi, ngi misa isiyalezelo kinina nonke bapati bengcebo aba ngapesheya kwoMfula, sokuti konke uEzra umpristi, umbhali womteto ka Nkulunkulu wezulu, a za kukubiza kinina, a kwenziwe ngesineke, 22 isiliva ku ze ku be amata-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

lenta a ikulu, ukolweni ku ze ku be izilinganiso ezi ikulu, iwayini ku ze ku be amabati a ikulu, amafuta ku ze ku be amabati a ikulu, nosaoti ongalinganiswayo. **23** Konke oku sesiyalezelweni si ka Nkulunkulu wezulu, a kwenzelwe indhlu ka Nkulunkulu wezulu ngesinwe; ngoba ku nga ze ku be kona ulaka ngombuso wenkosi namadodana ayo na? **24** Si ya n'azisisa futi, ukuti a muko o nelungelo lokubeka pezu kwabapristi nabaLevi, nabahlabeleli, nabalindi'masango, namaNetini, nezikonzi za le ndhlu ka Nkulunkulu, isetulo, nentela, nenkokiso. **25** Wenake, Ezra, ngokuhlakanipa ku ka Nkulunkulu wako oku sesandhleni sako, misa abahluli naba tet'amacala, aba za kuteta amacala abantu bonke aba pesheya kwoMfula, bonke abaziyo imiteto ka Nkulunkulu wako; ni m fundise ongayaziyo. **26** Wonke o nga vumi ukwenza umteto ka Nkulunkulu wako, nomteto wenkosi, ma ku tetwe icala lake ngesineke, noma e za kubulawa, nokuba a xoshwe, nokuba i be isizi imfuyo yake, nokuba a boshwe.

27 A ka bongwe uJehova, uNkulunkulu wa obaba, o beke okunje enhliziyweni yenkosi, ukuba i hlobise indhlu ka Jehova e seJerusalem; **28** wa ng'enzela isihau pambi kwenkosi, nompakati wayo, na pambi kwezikulu zonke zenkosi ezi yiziqwaga. Nga qiniswa ngokwesandhla si ka Jehova uNkulunkulu wami kimi, nga qoqa ku baIsraeli aba izinhloko ukuba b'enyuke nami.

8 Yilezi izinhloko zezindhlu za oyise, yiloku ukubhalwa kwomlibo wokuzalwa kwa labo ab'enyuka nami eBabulon, ekubuseni ku ka Artashashta inkosi: **2** Ku madodana ka Finehasi, uGershom. Ku madodana ka Itamare, uDaniyeli. Ku madodana ka Davida, uHatushi. **3** Ku madodana ka Shekaniya, ku madodana ka Paroshi, uZekariya; kanye naye kwa balwa ngomlibo wokuzalwa abesilisa aba ikulu namashumi a isihlanu. **4** Ku madodana ka Pahati-moabe, uEliyohenayi ka Zerahiya ku kona kanye naye abesilisa aba ngamakulu amabili. **5** Ku madodana ka Shekaniya, indodana ka Jahaziyeli; ku kona kanye naye abesilisa aba ngamakulu amatatu. **6** Ku madodana ka Adin, uEbede ka Jonatan; ku kona kanye naye abesilisa aba ngamashumi a isihlanu. **7** Ku madodana ka Elam, uJeshaya ka Ataliya; ku kona kanye naye abesilisa aba ngamashumi a isikombisa. **8** Ku madodana ka Shefatiya, uZebadiya ka Mikayeli; ku kona kanye naye abesilisa aba ngamashumi a isishiyangalombili. **9** Ku madodana ka Jowabi, uObadiya ka Jehiyeli; ku kona kanye naye abesilisa aba ngamakulu amabili neshumi nesishiyangalombili. **10** Ku madodana ka Shelomiti, indodana ka Josifiya; ku kona kanye naye abesilisa aba ikulu namashumi a isitupa. **11** Ku madodana ka Bebayi, uZekariya ka Bebayi; ku kona kanye naye abesilisa aba ngamashumi amabili nesishiyangalombili. **12** Ku madodana ka Azegadi, uJohanan ka Hakatan; ku kona kanye naye abesilisa aba ikulu neshumi. **13** Ku madodana ka Adonikam awokugcina; amagama awo yilawa: uElifelete, noJehuweli, noShemaya; ku kona kanye nabo abesilisa aba ngamashumi a isitupa. **14** Ku madodana ka Bigwai, uUtayi, noZabudi; ku kona kanye nabo abesilisa aba ngamashumi a isikombisa.

15 Nga ba qoqela emfuleni o ya eAhava; sa ngenisa kona izinsuku ezintatu: nga bheka abantu, nabapristi, ka ngi fumananga muntu kona wa ku madodana ka Levi. **16** Nga se ngi tuma ukuba ku landwe uEliyezere, noAriyeli, noShemaya, noElnatan, noJaribe, noElnatan, noNatan, noZekariya, noMeshulam, aba izinhloko; noJoyaribe, noElnatan, abafundisayo. **17** Nga ba kipa nga ba yisa ku Ido o inhloko endaweni iKasifiya; nga beka pambi kwabo amazwi aba ya kuwakuluma ku Ido, nabafo wabo amaNetini, endaweni iKasifiya, ukuba ba si letele izikonzi

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

zendhlu ka Nkulunkulu wetu. 18 Ba si letela ngokwesandhla esilungileyo si ka Nkulunkulu wetu esa si kitina umuntu o namasu, ku madodana ka Mali, ka Levi, ka Israeli; noSherebiya, namadodana ake nabafo wabo, aba ishumi nesishiyangalombili; 19 noHashabiya, be noJeshaya ku madodana ka Merari, nabafo wabo namadodana abo, aba ngamashumi amabili; 20 na ku maNetini, uDavida nezikulu aba nikela ngawo a be awenkonzo yabaLevi, amaNetini a ngamakulu amabili namashumi amabili: onke a bizwa ngamagama.

21 Nga se ngi memezela ukuzila ukudhla kona, emfuleni iAhava, ukuba si zitobe pambi ku ka Nkulunkulu wetu, si zifunele kuye indhlela e te ntse, tina, nabantwana betu, nempahla yonke yetu. 22 Ngoba nga ngi namahloni ukuba ngi cele enkosini isigaba samabuto nabakwel'amahashi ukuba ba si size eziteni endhleleni, ngokuba sa si kulume enkosini, sa ti, Isandhla si ka Nkulunkulu wetu si kubo bonke abamfunayo, ku be kuhle; amandhla ake nolaka lwake lu melene nabo bonke abamshiyayo. 23 Njaloke sa zila ukudhla sa nxusa uNkulunkulu wetu nga loku: wa ncengeka ngati.

24 Nga se ng'ahlukanisa izikulu zabapristi ezi ishumi nambili, uSherabiya, noHashabiya, nabafo wabo aba ishumi kanye nabo, 25 nga ba linganisela isiliva, negolide, nezitsha, umnikelo wendhlu ka Nkulunkulu wetu, o nikelwe inkosi nompakati wayo, nezikulu zayo, nabaIsraeli bonke aba be kona: 26 nga linganisela esandhleni sabo amatalenta esiliva a ngamakulu a isitupa namashumi a isihlanu, nezitsha zesiliva, amatalenta a ikulu; igolide amatalenta a ikulu; 27 nemicakulo yegolide, e ngamashumi amabili e ngamadarike a inkulungwane; nezitsha ezimbili zetusi elikazimulayo, ezi nxaneleka njengegolide. 28 Nga se ngi ti kubo, Nina ni ngcwele ku Jehova, nezitsha zi ngcwele; isiliva negolide li umnikelo wesihle ku Jehova, uNkulunkulu wa oyihlo. 29 Lindani, ni zi gcine, ni ze ni zi linganise pambi kwezikulu zabapristi nabaLevi, nezikulu zezindhlu za oyise za kwa Israeli, eJerusalem, emakamelweni endhlu ka Jehova. 30 Abapristi nabaLevi b'amkelake isiliva elilinganisiweyo negolide, nezitsha, ukuba ba zi yise eJerusalem endhlini ka Nkulunkulu wetu.

31 Sa se si suka emfuleni eAhava ngosuku lweshumi nambili lwenyanga yokuqala, ukuba si ye eJerusalem: isandhla si ka Nkulunkulu wetu sa ba kitina, wa s'opula esandhleni sesita na kwabaqamelayo endhleleni. 32 Sa fikake eJerusalem, sa hlala kona izinsuku ezintatu. 33 Ngosuku lwesine kwa linganiswa isiliva negolide nezitsha endhlini ka Nkulunkulu wetu kwa nikezwa esandhleni si ka Meremoti ka Uriya umpristi (kwa ku kona naye uElazare ka Finehasi: kwa ba kona nabo oJozabade ka Jeshua, noNowadiya ka Binwi, abaLevi). 34 konke ku baliwe ku linganisiwe: ukusinda kwako konke kwa lotshwa nga leso sikati.

35 Abantwana ba sekutunjweni, aba vela ekuqutshulweni, ba nikela iminikelo eshiswayo ku Nkulunkulu ka Israeli, amaduna a ishumi nambili ngoIsraeli wonke, nezinqama ezi ngamashumi a isishiyangalolunye nesitupa, nezimvana ezi ngamashumi a isikombisa nesikombisa, izimpongo zomnikelo wokwona ezi ishumi nambili: konke loku kwa ba umnikelo oshiswayo ku Jehova. 36 Ba nika imiteto yenkosi kotulasizwe benkosi, nababusi aba pesheya kwoMfula: ba sekela abantu nendhlu ka Nkulunkulu.

9 Kwa ti ke se ku pelile loko, izikulu za sondela kimi, za ti, Abantu ba kwa Israeli, nabapristi nabaLevi, ka ba z'ahlukanisanga nabantu bamazwe, b'enza ngokwamacilo abo, awamaKanan, nawamaHiti, nawamaPerizi, nawamaJebusi, nawamaAmon, nawamaMoabe, nawaba sEgipite, nawamaAmori. 2 Ngokuba ba zitabatele amadodakazi

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Abanye ba ganwa abezizwe. Umtandazoka Ezra. Ukuvumakwabantu.

abo, bona namadodana abo, inzalo engcwele i si xubene nabantu bamazwe: yebo, isandhla sezikulu nesababusi yisona e be si pambili ku loku kupambuka. **3** Nga ti ukuzwa le ndaba, nga hxebula ingubo yami neyokweleka, nga hlutula izinwele zekanda lami, nesilevu sami, nga hlala pansi ngi mangele. **4** Kwa se ku butana kimi bonke aba tutumela ngamazwi ka Nkulunkulu ka Israeli, ngenxa yokupambuka kwaba sekutunjweni; nga hlala ngi mangele kwa za kwa ba sesikatini somnikelo wokuhlwa.

5 Kwa ti ngesikati somnikelo wokuhlwa nga suka ekutobekeni kwami, ingubo yami neyokweleka zi hxetshuliwe; nga ti guqaqa ngamadolo ami ng'elula izandhla zami ku Jehova uNkulunkulu wami; **6** nga se ngi ti, E, Nkulunkulu wami, ngi namahloni ngi ya khopoza ukuba ngi pakamisele ubuso bami kuwe, Nkulunkulu wami; ngoba ububi betu b'andile ngapezu kwamakanda etu, icala letu li kulile la ze la fika ezulwini. **7** Ku sukela ezinsukwini za obaba ku ze ku be namhla si necala elikulu; ngenxa yobubi betu si kashelwe tina, namakosi etu, nabapristi betu, esandhleni samakosi amazwe, enkembeni, ekutunjweni, na sekupangweni, na sekujabeni kwobuso, njengokuba ku njalo na namhla. **8** Kalokuke ngomzuzwana s'enzelwe umusa o vela ku Jehova uNkulunkulu wetu, ukusishiyela insali yokupepa, nokusinika isikonkwane endaweni engcwele yake, ukuba uNkulunkulu wetu a kanyise amehlo etu, a si nike ukululama oku ingcozana ebugqilini betu. **9** Ngokuba si izigqili; noko uNkulunkulu wetu ka si shiyanga ebugqilini betu, kepa u s'enzele isihau pambi kwamakosi a sePersiya, ukuba a si nike ukululama, si mise indhlu ka Nkulunkulu wetu, si yi vuse enxiweni layo, a si nike utango kwa Juda na seJerusalem. **10** Manjeke, Nkulunkulu wetu, si za kutini emva kwa loku? ngoba si shiyile imiyalo yako, **11** o yale ngayo ngezinceku zako abaprofeti, wa ti, Izwe, eni ya kulo ukuba ni l'ake, li izwe elingcolileyo ngenxa yokungcola kwabantu bamazwe, ngenxa yamacilo abo aligcwalisileyo ku suka kwelinye icele ku ya kwelinye ngobunuku babo: **12** Kalokuke ni nga niki amadodana abo amadodakazi enu, ni nga tabateli amadodana enu amadodakazi abo, ni nga funi ukutula kwabo nenhlahakahle yabo ku ze ku be nini; ukuba ni qine, ni dhle okuhle kwezwe, ni li shiye li be ifa labantwana benu ku ze ku be nini. **13** Ngasemva kwako konke oku fike pezu kwetu ngezenzo zetu ezimbi, na ngenxa yecala letu elikulu, loku wena Nkulunkulu wetu u si shaye kancane kunoku fanele ububi betu, wa si pa insali e ngako, **14** si nga buya s'apule imiyalo yako, s'endiselane nabantu ab'enza lawa macilo na? u nge si tukutelele u ze u si qede, ku nga biko nsali, nosindayo na? **15** E, Jehova, Nkulunkulu ka Israeli wena, u lungile; tina si shiywe si insali esindileyo, njengokuba ku njalo namhla: bheka, si pambi kwako si secaleni letu; ngoba a kako o ng'ema pambi kwako ngenxa ya loku.

10 Kwa ti e sa tandaza uEzra e vuma izono, e kala e ziwisa pambi kwendhlu ka Nkulunkulu, kwa qoqana kuye ku vela kwa Israeli umbutano omkulu kakulu wabesilisa nabesifazana nabantwana; ngokuba abantu ba kala ngokukala okukulu. **2** UShekaniya ka Jehiyeli, owa ku madodana ka Elam, wa pendula wa ti ku Ezra, Si pambukile ku Nkulunkulu wetu, si tabate abafazi bezizwe ku bantu bezwe: noko li se kona itemba ku Israeli nga le nto. **3** Kalokuke ma s'enze isivumelwano noNkulunkulu wetu sokuba ku lahlwe abafazi bonke, naba zelwe ibo, njengesiluleko senkosi yami, nesabatutumelayo ngomyalo ka Nkulunkulu wetu; a kwenziwe ngokwomteto. **4** Vuka; ngoba le ndaba ngeyako, tina si nga kuwe: yiba nesibindi, u kwenze.

5 Wa s'e vuka uEzra, wa fungisa izikulu zabapristi, nabaLevi, noIsraeli

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

wonke, ukuba ba zo kwenza ngokwa leli zwi. Ba fungake. **6** Wa s'e vuka uEzra pambi kwendhlu ka Nkulunkulu, wa ngena ekamelweni li ka Jehohanan ka Eliyashibe, e se fikile kona, ka dhlanga kudhla, ka puzanga manzi; ngokuba wa e lila ngenxa yokupambuka kwaba sekutunjweni. **7** Kwa menyezelwa kwela kwa Juda na seJerusalem kubo bonke abantwana ba sekutunjweni, ukuba ba qoqane eJerusalem; **8** nokuti lowo o nga fiki ezinsukwini ezintatu, ngokwesiluleko sezikulu namalunga, ko dhliwa yonke impahla yake, a hlukaniswe yena nombutano waba sekutunjweni.

9 Kwa se ku qoqana eJerusalem amadoda onke a kwa Juda na kwa Benjamin ezinsukwini ezintatu (kwa ku inyanga yesishiyangalolunye, ngosuku lwamashumi amabili lwenyanga); bonke abantu ba hlala esigcawini pambi kwendhlu ka Nkulunkulu, be qaqazela nga le nto, na ngemvula enkulu. **10** UEzra umpristi wa sukuma, wa ti kubo, Ni pambukile, ni tabate abafazi bezizwe, ukwandisa icala li ka Israeli. **11** Ngakoke vumani izono ku Jehova, uNkulunkulu wa oyihlo, n'enze oku tandwa uye; ni z'ahlukanise nabantu bezwe, na nabafazi bezizwe. **12** Wa se u pendula umbutano wonke ngezwi elikulu wa ti, Se si melwe ukwenza njengokusho kwako kitina. **13** Kodwa abantu baningi, ku isikati semvula enkulu, a si namandhla okuma ngapandhle: lo msebenzi a siwo wa lusuku lunye nowezimbili; ngokuba si pambukile kakulu nga le ndaba. **14** Izikulu zetu a ke zi miselwe umbutano wonke, bonke aba semizini yetu aba tabate abafazi bezizwe ma b'eze ngezikati ezimisiweyo, be namalunga emizi ngemizi, nabahluli bayo, lu ze lu buye kiti ulaka oluvutayo lu ka Nkulunkulu wetu, i ze i fezwe le ndaba. **15** Ukupela uJonatan ka Asaheli no-Jahaziya ka Tikva, aba melana na le ndaba: ba sizwa uMeshulam no-Shabetayi umLevi.

16 B'enze njalo abantwana ba sekutunjweni. Kw'ahlukaniswa uEzra umpristi, nezinhloko ezitile zezindhlu za oyise, ngokwezindhlu za oyise, bonkana ngamagama abo; ba hlala ngosuku lokuqala lwenyanga yeshumi ukupenya le ndaba. **17** Ba qeda ngamadoda onke a be tabate abafazi bezizwe ngosuku lokuqala lwenyanga yokuqala.

18 Kwa funyanwa pakati kwamadodana abapristi aba be tabate abafazi bezizwe ku madodana ka Jeshua, indodana ka Jozadake nabafo wabo, uMahaseya, noEliyezere, noJaribe, noGedaliya. **19** Ba nika isandhla sabo sokuti ba za kubalahla abafazi babo; loku be necala, ba nikela inqama yomhlambi ngecala labo. **20** Ku madodana ka Imere: uHanan no-Zebadiya. **21** Ku madodana ka Harim: uMahaseya, noElija, no-Shemaya, noJehiyeli, noUziya. **22** Ku madodana ka Pashure: uEliyohenayi, noMahaseya, noIshmayeli, no-Netaneli, noJozabade, noElasa.

23 Ku baLevi: uJozabade, no-Shimehi, noKelaya (o nguKelita), no-Petahiya, noJuda, noEliyezere.

24 Ku bahlabeleli: uEliyashibe. Ku balindi'masango: uShalum, no-Telem, noUri.

25 Kwa Israeli: ku madodana ka Paroshi: uRamiya, noIziya, noMalekija, noMijamin, noElazare, noMalekija, noBenaya. **26** Ku madodana ka Elam: uMataniya, noZekariya, no-Jehiyeli, noAbedi, noJeremoti, no-Elija. **27** Ku madodana ka Zatu: uEliyohenayi, noEliyashibe, noMataniya, noJeremoti, noZabadi, noAziza. **28** Ku madodana ka Bebayi: uJehohanan, noHananiya, noZabayi, no-Atelayi. **29** Ku madodana ka Bani: uMeshulam, noMaluki, noAdaya, no-Jashube, noShehali, noJeremoti. **30** Ku madodana ka Pahati-moabe: u-Adena, noKelali, noBenaya, noMahaseya, noMataniya, noBezaleli, no-Binwi, noManase. **31** Ku madodana ka Harim: uEliyezere, noIshija, no-Malekija, noShemaya, noShimeon, **32** noBenjamin, noMaluki, noShe-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amagama a labo aba be ganwe abezizwe.

mariya. **33** Ku madodana ka Hashum: uMatenayi, noMatata, noZabadi, noElifelete, noJeremayi, noManase, noShimehi. **34** Ku madodana ka Bani: uMadayi, noAmram, noUweli, **35** noBenaya, noBedeya, noKeluhi, **36** noVaniya, noMeremoti, noEliyashibe, **37** noMataniya, noMatenayi, noJahasu, **38** noBani, noBinwi, noShemehi, **39** noShelemiya, noNatan, noAdaya, **40** noMakenadebayi, noShashayi, noSharayi, **41** noAzareli, noShelemiya, noShemariya, **42** noShalum, noAmariya, noJosefa. **43** Ku madodana ka Nebo: uJehiyeli, noMatitiya, noZabadi, noZebina, noIdo, noJoweli, noBenaya. **44** Laba bonke ba be tabate abafazi bezizwe, abanye kubo ba ɔe nabafazi aba be ba zalele abantwana.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

INCWADI KA

NEHEMIYA

Umtandazo wake ngaba seJerusalem. U vunyelwa ukubahambela.

1 Amazwi ka Nehemiya ka Hakaliya.

Kwa ti ngenyanga uKislevu, ngomnyaka wamashumi amabili, ngi seShushan komkulu, 2 kwa fika uHanani, omunye wabafo wetu, yena namadoda atile a puma kwa Juda; nga ba buza ngabaJuda aba be sele be sindile ekutunjweni, na ngeJerusalem. 3 Ba ti kimi, Insali eseleyo kwaba sekutunjweni lapo ezweni i sekumeni okubi kakulu na sesihlambeni: nogange lweJerusalem lu diliziwe, namasango alo a shiswe ngomlilo.

4 Kwa t'uba ngi zwe lawa mazwi, nga ti kehlehle pansi nga kala izinyembezi, nga lila izinsuku ezitile; nga zila ukudhla, nga tandaza pambi ku ka Nkulunkulu wezulu, 5 nga ti, Shwele, Jehova, Nkulunkulu wezulu, Nkulunkulu omkulu osabekayo, o gcina isivumelwano nesihau kwabamtandayo naba gcina imiyalo yake: 6 indhlebe yako ma i be bukali, namehlo ako ma ka vuleke, ukuba u lalele umtandazo wenceku yako, engi tandaza ngawo pambi kwako kaloku nje, imini nobusuku, ngenxa yaba kwa Israeli izinceku zako, ngi vuma izono zaba kwa Israeli, es'one kuwe ngazo. Yebo, mina kanye nendhlu ka baba s'onile: 7 s'enze kabi kakulu ku wena, a si gcinanga imiyalo, nezimiso, namasiko, o m yale ngawo uMoses inceku yako. 8 A k'u kumbule izwi o yale ngalo inceku yako uMoses, wa ti, Uma ni pambuka, ngo ni hlakazela pakati kwezizwe: 9 kepa uma ni buyela kimi, ni gcine imiyalo yami ni y'enze, nokuba abaxoshiweyo ba kini be semikaulweni yezulu, ngi ya kubaqoqa kona, ngi ba lete ku le ndawo engi yi ketele ukuba ngi beke kona igama lami. 10 Kalokuke laba ba izinceku zako nabantu bako, o ba hlenge ngamandhla ako amakulu, na ngesandhla sako esi namandhla. 11 Au Nkosi, indhlebe yako a ke i be bukali i lalele umtandazo wenceku yako, nomtandazo wezinceku zako, ez'enamela ukwesaba igama lako; ma u hlanhlazelise namhla inceku yako, u yi nike isihe pambi kwa le ndoda. (Kepa nga ngi umpat'isitsha wenkosi).

2 Kwa ti ngenyanga uNisan, ngomnyaka wamashumi amabili ka Artashashta inkosi, iwayini li pambi kwake; nga tata iwayini, nga li nikeza inkosi. Nga ngi nga zanga ngi ze ngi bipe pambi kwayo. 2 Inkosi ya se i ti kimi, Ubuso bako bu bipeleni, loku a u guli na? loku ku ubuhlungu benhliziyo kupela. Nga se ng'esaba kakulu. 3 Nga ti enkosini, Inkosi ma i me njalo: bu nge bipe ngani ubuso bami, loku umuzi, indawo yamatuna a okoko bami, u izwekufa, amasango awo a shiswe ngomlilo? 4 Ya se i ti kimi inkosi, Intoni oyicelayo? Nga tandazake ku Nkulunkulu wezulu. 5 Nga ti enkosini, Uma ku kuhle enkosini, uma inceku yako i nesasasa kuwe, ma u ngi tume kwa Juda, emzini wamatuna a okoko bami, ukuba ngi w'ake. 6 Inkosi ya ti kimi, (inkosikazi i hlezi eceleni kwayo), Uhambo lwako lo ba isikati esingakanani? u ya kubuya nini na? Kwa ba kuhleke enkosini ukungituma; nga yi nqumela isikati. 7 Futi nga ti enkosini, Uma ku kuhle enkosini, ma ngi nikwe izincwadi ezi ya ku babusi ngapesheya kwoMfula, ukuba ba ngi dhlulise ngi ze ngi fike kwa Juda: 8 nencwadi futi e ya ku Asafu umgcini wehlati lenkosi, ukuba a ngi nike imiti yokwenza imiqadi yamasango enqaba e ngeyendhlu, neyogange lomuzi, neyendhlu engi ya kungena kuyo. Inkosi ya ngi nika, ngokwesandhla esilungileyo si ka Nkulunkulu wami kimi.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U hlola umuzi. U qala ukwaka ugange. Ukwakiwa kwamasango.

9 Nga se ngi fika ku babusi ngapesheya kwoMfula, nga ba nika izincwadi zenkosi. Kepake inkosi ya be i tume nami izinduna zempi nabakwel'amahashi. 10 Kwa t'uba b'ezwe loku oSanebalati umHoron, noTobiya inceku, umAmon, kwa ba kubi kabi kubo, ngoba kwa se ku fike umuntu o ze kufuna inhlalakahle yaba kwa Israeli. 11 Nga fikake eJerusalem, nga hlala kona izinsuku ezintatu. 12 Nga vuka ebusuku, mina kanye nabantu aba ingcozana; a ngi tshelanga muntu loko uNkulunkulu wami a ku beke enhliziyweni yami ukuba ngi kwenzele iJerusalem; kwa ku ngeko na silwane nami, kupela leso silwane enga ngi kwele kuso. 13 Nga puma ebusuku ngesango lomhosha, nga bhekisa nga semtonjeni wamakanka, na sesangweni lomquba, nga buka izingange zeJerusalem, eza zi diliziwe, namasango alo a e shiswe ngomlilo. 14 Nga se ngi dhlulela esangweni lomtombo na secibini lenkosi; kepa kwa ku ngeko ndawo yokuba ku dhlule isilwane esa si pansi kwami. 15 Nga se ng'enyusa umfulana ebusuku, nga buka ugange; nga buya, nga ngena ngelomhosha, nga buyake. 16 Ababusi ba be ng'azi lapo ngi ye kona, nengikwenzayo; nga ngi nga ka ba tsheli abaJuda, nabapristi, nabanumzana, nababusi, nabanye ab'enza umsebenzi.

17 Nga se ngi tike kubo, Ni ya bona ukuma kabi kwetu esi mi ngako, ukuti iJerusalem li izwekufa, namasango alo a shiswe ngomlilo: wozani, sake ugange lweJerusalem, ukuze si nga be si sa ba isihlamba. 18 Nga ba tshela ngesandhla si ka Nkulunkulu wami esa si lungile kimi, namazwi enkosi eya i wa kulume kimi. Ba ti, Ma si suke s'ake. Ba qinisa izandhla zabo kuwo umsebenzi olungileyo. 19 Kepa kwa t'uba b'ezwe loku oSanebalati umHoron, noTobiya inceku, umAmon, noGeshem umArabiya, ba si hleka usulu, ba si delela, ba ti, Yini loku enikwenzayo na? ni zo hlubuka inkosi na? 20 Nga se ngi ba buyisela izwi, nga ti kubo, UNkulunkulu wezulu, u ya kusihlanhlazelisa; ngakoke tina zinceku zake si zo suka s'ake: kepa nina a ni na sabelo na lungelo, na sikumbuzo eJerusalem.

3 Kwa se ku suka uEliyashibe umpristi omkulu nabafo wabo, abapristi, b'aka isango lezimvu; ba li ngcwelisa, ba misa izicabha zalo; kwa ze kwa ba semboshongweni ka Hameha ba li ngcwelisa, kwa za kwa ba na semboshongweni ka Hananeli. 2 Nga secaleni kwake kw'aka aba seJeriko. Nga secaleni kwabo kw'aka uZakure ka Imri.

3 Isango lezinhlanzi l'akiwa amadodana ka Hasenaha; a beka imiqadi yalo, a misa izicabha zalo, nezihlutulelo zalo, nemivalo yalo. 4 Nga secaleni kwawo kwa lungisa uMeremoti ka Uriya, ka Hakozi. Nga secaleni kwa labo kwa lungisa uMeshulam, ka Berekiya, ka Meshezabeli. Nga secaleni kwa labo kwa lungisa uZadoki ka Bahana. 5 Nga secaleni kwa labo kwa lungisa aba seTekowa, kepa izidukwana zabo a zi fakanga izintamo zazo emsebenzini wenkosi yazo.

6 Isango elidala la lungiswa uJehoyada ka Paseha kanye noMeshulam ka Besodeya, ba beka imiqadi yalo, ba misa izicabha zalo, nezihlutulelo zalo, nemivalo yalo. 7 Nga secaleni kwabo kwa lungisa uMelatiya wa seGibeyon, noJadon wa seMeronoti, amadoda a kwa Gibeyon, na seMizpa, ela li elesihlalo sombusi ngapesheya kwoMfula. 8 Nga secaleni kwake kwa lungisa uUziyeli ka Harehaya, abakandi begolide. Nga secaleni kwake kwa lungisa uHananiya omunye wabaqoli, ba qinisa iJerusalem kwa za kwa ba sogangeni olubanzi. 9 Nga secaleni kwabo kwa lungisa uRefaya ka Hure, isikulu senxenye yesiqinti seJerusalem. 10 Nga secaleni kwa labo kwa lungisa uJedaya ka Harumafa, malungana nendhlu yake. Nga secaleni kwake kwa lungisa uHatushi ka Hashabeniya. 11 UMalekija ka Harim,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukwakiwa kwamasango nogange.

noHashubi ka Pahati-moabe, ba lungisa elinye ibanga, nomboshongo wezitando. **12** Nga secaleni kwake kwa lungisa uShalum ka Haloheshe, isikulu senxenye yesiqinti seJerusalem, yena namadodakazi ake.

13 Isango lomhosha la lungiswa uHanun, nabakileyo eZanowa; ba l'aka, ba misa izicabha zalo, nezihlutulelo zalo, nemivalo yalo, nezingalo ezi inkulungwane zogange kwa ze kwa ba sesangweni lomquba.

14 Isango lomquba la lungiswa uMalekija ka Rekabi, isikulu sesiqinti seBete-akerem; wa l'aka, wa misa izicabha zalo, nezihlutulelo zalo, nemivalo yalo.

15 Isango lomtombo la lungiswa uShalun ka Koli-hoze, isikulu sesiqinti seMizpa; wa l'aka, wa li fulela, wa misa izicabha zalo, nezihlutulelo zalo, nemivalo yalo, nogange lwecibi iShela nga sensimini yenkosi, kwa ze kwa ba sezikwelweni ez'ehla emzini ka Davida. **16** Emva kwake kwa lungisa uNehemiya ka Azebuki, isikulu senxenye yesiqinti seBete-zuri, kwa ze kwa ba sendaweni e malungana namatuna ka Davida, na secibini elenziwayo, na sendhlini yesiqwaga. **17** Emva kwake kwa lungisa abaLevi, uRehum ka Bani. Nga secaleni kwake kwa lungisa uHashabiya, isikulu senxenye yesiqinti seKehila, enzela isiqinti sake. **18** Ngasemva kwake kwa lungisa abafo wabo, uBavayi ka Henadade, isikulu senxenye yesiqinti seKehila. **19** Nga secaleni kwake kwa lungisa uEzere ka Jeshua, isikulu seMizpa, elinye ibanga, malungana nommango o ya enyangweni enqutshini yogange. **20** Emva kwake uBaruki ka Zabayi wa lungisa ngokucopelela elinye ibanga, ku suka enqutshini yogange kwa ya emnyango wendhlu ka Eliyashibe umpristi omkulu. **21** Emva kwake kwa lungisa uMeremoti ka Uriya ka Hakozi ibanga elinye, ku suka emnyango wendhlu ka Eliyashibe kwa ya ekugcineni kwendhlu ka Eliyashibe. **22** Emva kwake kwa lungisa abapristi, abantu ba seTafeni. **23** Emva

Ba hlekwa uSanebalati noTobiya.

kwabo kwa lungisa uBenjamin noHashubi malungana nendhlu yabo. Emva kwa labo kwa lungisa uAzariya ka Mahaseya ka Ananiya ecaleni kwendhlu yake. **24** Emva kwake kwa lungisa uBinwi ka Henadade elinye ibanga, ku suka endhlini ka Azariya kwa ya enqutshini yogange, na sengosini. **25** UPalali ka Uzayi wa lungisa malungana nenqubu yogange nomboshongo opumeleleyo endhlini e ngasenhla yenkosi, e ngasegcekeni letilongo. Emva kwake uPedaya ka Paroshi. **26** (Kepake amaNetini a e hlala eOfele, kwa ze kwa ba sendaweni e malungana nesango lamanzi nga sempumalanga, nomboshongo opumeleleyo). **27** Emva kwake aba seTekowa ba lungisa ibanga elinye, malungana nomboshongo omkulu opumeleleyo, kwa za kwa ba sogangeni lweOfele.

28 Nga senhla kwesango lamahashi kwa lungisa abapristi, ilowo malungana nendhlu yake. **29** Emva kwabo kwa lungisa uZadoki ka Imere malungana nendhlu yake. Emva kwake kwa lungisa uShemaya ka Shekaniya, umlindi wesango la sempumalanga. **30** Emva kwake kwa lungisa uHananiya ka Shelemiya, noHanun indodana yesitupa ka Zalafu, ibanga elinye. Emva kwake kwa lungisa uMeshulam ka Berekiya malungana nekamelo lake. **31** Emva kwake kwa lungisa uMalekija omunye wabakandi begolide kwa ze kwa ba sendhlini yamaNetini, neyabahwebi, malungana nesango iHamifekade, kwa ze kwa ba sembonisweni yengosi. **32** Emkatini wemboniso yengosi nesango lezimvu kwa lungisa abakandi begolide nabahwebi.

4 Kepa kwa t'uba uSanebalati ezwe ukuba s'aka ugange, wa tukutela, wa cunuka kakulu, wa hxolodela abaJuda. **2** Wa kuluma pambi kwabafo wabo na sempini ya seSamariya, wa ti, Laba baJuda aba izimbuka benzani na? ba za kuzakela inqaba na? ba za kuhlabela na? ba za kuqeda ngosuku lunye na? ba za

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukuhloma nokuxwaya kwabakayo. Ku kalwa ngabacindezelayo.

kuvusa amatshe ezimbundwini zemfutumfutu, loku a shisiwe na? 3 UTobiya umAmon wa e secaleni kwake, wa ti, Na loku abakwakayo, uma impungushe nje yenyukela kona, i za kuludiliza ugange lwabo lwamatshe. 4 Yizwa, Nkulunkulu wetu; ngokuba si y'eyiswa: u buyisele isihlamba sabo pezu kwekanda labo, u ba nikeze ba be impango ezweni lokutunjwa; 5 u nga sibekeli ububi babo, isono sabo ma si nga hlangulwa pambi kwako; ngokuba ba ku cunulile pambi kwabakayo. 6 S'aka ugange; ugange lonke lwa hlanganiswa lwa za lwa gamanxa ukupakama kwalo: ngoba abantu be be nenhliziyo yokusebenza.

7 Kwa t'uba uSanebalati, noTobiya, namaArabiya, namaAmon, naba seAshdodi, b'ezwe ukuti ku ya qubeka ukulungiswa kwezingange zeJerusalem, nokuti izikala zi qala ukuvinjwa, ba se be tukutela kakulu; 8 b'enza uzungu bonkana lokuya kokulwa neJerusalem, b'enze isipitipiti kona. 9 Kepa sa tandaza ku Nkulunkulu wetu, sa misa abalindi imini nobusuku, ngenxa yabo. 10 UJuda wa ti, Amandhla abatwalayo a se pelile, ku kona imfutumfutu eningi; ngakoke a si namandhla okwaka ugange. 11 Abayimpi kiti ba ti, Ka ba soze b'azi, ka ba soze ba bona, si ze si ngene pakati kwabo, si ba bulale, u kaule umsebenzi. 12 Kwa t'uba ku fike abaJuda aba hlezi ecaleni kwabo, ba ti kitina kashumi, be vela ezindaweni zonke, Buyelani kitina. 13 Ngakoke nga misa ezindaweni ezi pansi zendawo e ngasemva kwogange, ezindaweni ezi sobala, nga misa kona abantu ngokwemindeni yabo be nezinkemba zabo, nemikonto yabo, neminsalo yabo. 14 Nga buka nga suka, nga ti ku banumzana, na kubabusi, na kubo abanye abantu, Ni nga b'esabi: kumbulani iNkosi, enkulu esabekayo, ni lwele abafo wenu, namadodana enu, namadodakazi enu, na omkenu, nezindhlu zenu.

15 Kwa t'uba izita zetu zi zwe ukuti kwaziwa yiti, nokuti uNkulunkulu u shafisile icebo lazo, sa pindela sonke ogangeni, kwa ba ilowo emsebenzini wake. 16 Kwa ti ke se ku sukela ku leso sikati, inxenye yabantu bami ya sebenza emisebenzini, inxenye ya pata imikonto, nezihlangu, neminsalo, namabantshi ensimbi; izikulu za zi ngasemva kwendhlu yonke ya kwa Juda. 17 Bona ab'aka ugange naba be twala imitwalo ba z'etwesa; ilowo wa sebenza emsebenzini ngesandhla esinye, ngesinye wa pata izikali; 18 abakayo bonke, ba be bince ilowo inkemba yake okalweni lwake, b'aka kanjalo. O shaya icilongo wa e nga kimi. 19 Nga ti ku banumzana, na ku babusi na kubo abanye abantu, Umsebenzi mkulu u banzi, tina s'ahlukene ogangeni, omunye u kude nomunye: 20 na ku yipi indawo lapo ni zwa ukukala kwecilongo, qoqanani kitina lapo; uNkulunkulu wetu u ya kusilwela.

21 Sa sebenzake emsebenzini: inxenye yabo ya pata imikonto ku suka ekuqaleni kwokusa ku ze ku pume izinkanyezi. 22 Futi nga leso sikati nga ti ku bantu, Ma ku be ilowo nesikonzi sake ba lale pakati kweJerusalem, ukuze ba be ngabalindi kitina ebusuku, ku ti emini ba sebenze. 23 Minake, nabafo wetu, nezikonzi zami, namadoda alindayo angilandelayo, a ku bangako kiti owa kumula izingubo zake, ilowo wa ya emanzini e nezikali zake.

5 Kwa se ku ba kona ukukala okukulu kwabantu na omkabo ngabafo wabo abaJuda. 2 Ngokuba kwa ku kona aba ti, Tina, namadodana etu namadodakazi etu, si baningi: ma si tole amabele, si dhle si pile. 3 Kwa ku kona nabanye aba ti, Amazwe etu, nezivini zetu, nezindhlu zetu si bambise ngako: ma si tole amabele, ngenxa yendhlala. 4 Kwa ku kona naba ti, Si tsheleke imali yokutela enkosini ngamazwe etu nezivini zetu; 5 nokoke inyama yetu i njengenyama yabafo wetu, abantwana betu ba njengabantwana babo: bheka, si sindezela amadodana etu namadodakazi etu ba be izigqili, amanye amadodazi etu a se sindezelwe: a kuko

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku vunyelwana ukuba ba nga be be sa dhlana. Amacebo ezita.

mandhla ezandhleni zetu; ngoba amazwe etu nezivini zetu se ku okwabanye.

6 Nga ti ukuzwa ukukala kwabo na lawa mazwi nga tukutela kakulu. 7 Inhliziyo yami ya qonda, nga kankatana nabanumzana nababusi, nga ti kubo, Nina nonke ni ya badhla abafo wenu ngokubiza inzalo. Ng'enza umbutano omkulu ngabo. 8 Nga ti kubo, Tina ngokwamandhla etu si hlenge abafo wetu abaJuda, aba be tengiswe kwabezizwe; poke nina ni za kutengisa ngabafo wenu, ba tengiswe kitina na? Ba se be tula du, a ba banga nazwi. 9 Nga ti, A ku lungile lokũ enikwenzayo: a ku fanele yini ni hambe ngokwesaba uNkulunkulu wetu, ngenxa yesihlamba sezizwe izita zenu? 10 Nami, nabafo wetu nezikonzi zami, si ba tsheleka imali namabele. A ke si yeke ukubiza inzalo. 11 A ke ni buyisele kubo, namhlanje, amazwe abo, nezivini zabo, namasimu abo eminqumo, nezindhlu zabo, nenxenye yekulu yemali, namabele, newayini elisha, namafuta, eni ku biza kubo ku be inzalo. 12 Ba se be ti, Si za kukubuyisela kubo, si nga bizi luto kubo; si zo kwenzake njengokusho kwako. Nga se ngi biza abapristi, nga ba fungisa, ukuba b'enze njenga lesi sitembiso. 13 Nga vutulula ingubo yami, nga ti, UNkulunkulu ma ka vutulule kanjalo wonke umuntu endhlini yake, na sesitukutukwini sake, o nga si misi lesi sitembiso; ma ka vutululwe kanjalo, a hlonge. Umbutano wonke wa ti, Amen, wa dumisa uJehova. Abantu b'enza ngokwa lesi sitembiso.

14 Futi ku sukela osukwini enga miswa ngalo ngi be umbusi wabo ezweni la kwa Juda, ku suka emnyakeni wamashumi amabili kwa ze kwa ba umnyaka wamashumi amatatu nambili ka Artashashta inkosi, iminyaka e ishumi nambili, a si dhlanga ukudhla kwombusi mina nabafo wetu. 15 Kepa ababusi bokuqala abangandulelayo ba be umtwalo ku bantu, ba tabata kubo ukudhla newayini, ngapandhle kwamashekeli esiliva a ngamashumi amane; yebo, nezinceku zabo za cacaza pezu kwabantu: kepa mina a ng'enzanga njalo, ngenxa yokwesaba uNkulunkulu. 16 Yebo, futi nga bambelela emsebenzini wa lolu gange, a si tenganga lizwe: zonke izikonzi zami za qoqana kona emsebenzini. 17 Futi kwa ku kona etafuleni lami abaJuda nababusi, aba ikulu namashumi a isihlanu, ngapandhle kwa labo aba fika kitina be vela ezizweni ezisizungezileyo. 18 Okwa lungiselwa usuku lunye kwa ku inkomo inye nezimvu ezi isitupa eziketiweyo; nga lungiselwa nezinyoni, ngezinsuku ezi ishumi njalo nga lungiselwa izinhlobo zonke zewayini li liningi: ku njalonjaloke a ngi bizanga ukudhla kwombusi, ngokuba ubugqili ba bu sinda pezu kwa laba bantu. 19 Kumbula ngami, Nkulunkulu wami, ngokuhle, konke engi kw'enzele laba bantu.

6 Kwa t'uba ku zwakale ku Sanebalati noTobiya, noGeshem umArabiya, na kwezinye izita zetu, ukuti se ng'akile ugange, nokuti a ku sa sele isikala kulo (noko na nga leso sikati nga ngi nga ka misi izicabha emasangweni), 2 uSanebalati noGeshem ba tumela kimi, be ti, A ke u ze, si hlangane emzini mumbe o setafeni la seOno. Ba be hlose ukungenzakalisa. 3 Nga tumela ku bona izigijimi, nga ti, Ngi sebenza umsebenzi omkulu, ngakoke a ngi na kwehla: ku nga ze ku kauke umsebenzi, ngi wu yeke, ng'ehlele kini na? 4 Kepa ba tumela kimi izikati ezine ngokunjalo; nga ba pendula ngokunjalo. 5 USanebalati wa s'e tumela ngokwesihlanu kimi isikonzi sake kanjalo si pete incwadi evuliweyo esandhleni saso, 6 okwa ku lotshwe kuyo, ukuti, Ku zwakala ezizweni, ku sho uGashemu futi, ukuti, wena nabaJuda ni hlosa ukuhlubuka; ingako loku w'aka ugange: u qonde ukuba inkosi yabo, ngokwa la mazwi. 7 Futi u mise abaprofeti ukuba ba shumayele ngawe eJerusalem, ba ti, Ku kona inkosi kwa Juda: ngakoke se ku zo zwakala

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amacebo ka Shemaya noTobiya.

enkosini ngokwa la mazwi. Ngakoke woza, si qondisane. 8 Nga se ngi tumela kuye, nga ti, A kuko luto olu njenga lawa mazwi owashoyo, ku qanjwa uwena enhliziyweni yako. 9 Ngoba bonke ba be s'esabisa, be ti, Izandhla zabo zi ya kufeneza emsebenzini, ukuba u ng'enziwa. Kepa manjeke, Nkulunkulu, qinisa izandhla zami.

10 Nga ya endhlini ka Shemaya ka Delaya ka Mehetabeli, owa be e valelwe; wa ti, A ke si hlangane endhlini ka Nkulunkulu, ngapakati kwetempeli, si vale izicabha zetempeli: ngokuba ba zo fika ukukubulala; yebo, ba zo fika ebusuku ukukubulala. 11 Nga ti, Indoda e njengami ngeyokubaleka na? ubani, o njengami, o nga ngena etempelini ukuba a zisindise na? A ngi yi kungena. 12 Nga qaza, bheka, uNkulunkulu wa e nga m tumile; kepa wa kuluma lesi profeto ngami: ngoba wa e tolwe uTobiya noSanebalati ngemali. 13 Wa e tolelwe loku, ukuba ng'esabe ng'enze njalo, ng'one, ukuze ba be nendaba embi ngami, ukuba ba ngi cape ngenhlamba. 14 E, Nkulunkulu wami, kumbula uTobiya noSanebalati ngokwa lezi zenzo zabo, nomprofetikazi uNowadiya, nabanye abaprofeti, aba be ng'esabisa.

15 Ugange lwa pela ngosuku lwamashumi amabili nesihlanu lwenyanga uElulu, ezinsukwini ezi ngamashumi a isihlanu nambili. 16 Kwa t'uba zi zwe loku zonke izita zetu, zonke izizwe ezisizungezileyo z'esaba, za ti yetelele ekuziboneni kwazo; ngokuba za bona ukuba lo msebenzi w'enziwa uNkulunkulu wetu. 17 Futi nga lezo zinsuku abanumzana ba kwa Juda ba yisa ku Tobiya izincwadi eziningi, nezi ka Tobiya za fika kubo. 18 Ngoba ba be baningi kwa Juda aba be fungelwe kuye, ngoba wa e umkwenyana ka Shekaniya ka Ara; indodana yake uJehohanan wa e tate indodakazi ka Meshulam ka Berekiya. 19 Futi ba kuluma ngezenzo zake ezinhle pambi kwami ba qubela kuye amazwi ami. UTobiya wa tuma izincwadi zokung'esabisa.

Ku valwa amasango. Ababuyayo.

7 Kwa ti ke, ugange se lwakiwe, se ngi fake izicabha, se ku miswe abalindi'masango nabahlabeleli nabaLevi, 2 nga yaleza uHanani umfo wetu, noHananiya induna yenqaba, ukuba ba pate iJerusalem; ngoba wa e ngumuntu otembekayo, esaba uNkulunkulu kunabaningi. 3 Nga ti kubo, Amasango eJerusalem ma ka nga vulwa li ze li balele ilanga; ku se mi abalindi, ma ba vale iminyango, ni yi ti ngqi; ni mise abalindi kwabakileyo eJerusalem, ku be ilowo emlindweni wake, ilowo malungana nendhlu yake. 4 Umuzike wa u banzi u mkulu inxa zombili; kepa abantu aba kuwo ba be ingcozana, izindhlu za zi nga k'akiwa.

5 UNkulunkulu wami wa beka enhliziyweni yami ukuba ngi qoqe abanumzana, nababusi, nabantu, ukuba ba balwe ngomlibo wokuzalwa kwabo. Nga fumana incwadi yomlibo wokuzalwa ya labo ab'enyuka kuqala, nga fumana ku lotshiwe kuyo ukuti: 6 Yilaba abantwana bezwe, ab'enyuka be suka ekutunjweni kwaba be qutshulwe, uNebukadenezare inkosi ya seBabulon a e ba qubulile, aba buyela eJerusalem na kwa Juda, ilowo emzini wa kubo; 7 aba fika noZerubabeli, noJeshua, noNehemiya, noAzariya, noRamiya, noNahamani, noMordekayi, noBileshan, noMisperete, noBigwayi, noNehum, noBahana.

Umumo wabantu besizwe sa kwa Israeli; 8 aba kwa Paroshi, izinkulungwane ezimbili nekulu namashumi a isikombisa nambili. 9 Aba kwa Shefatiya, amakulu amatatu namashumi a isikombisa nambili. 10 Aba kwa Ara, amakulu a isitupa namashumi a isihlanu nambili. 11 Aba kwa Pahati-moabe, aba kwa Jeshua noJowabi, izinkulungwane ezimbili namakulu a isishiyangalombili neshumi nesishiyangalombili. 12 Aba kwa Elam, inkulungwane namakulu amabili namashumi a isihlanu nane. 13 Aba kwa Zatu, amakulu a isishiyangalombili namashumi amane nesihla-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ababuyayo eBabulon be ngabokuqala.

nu. **14** Aba kwa Zakayi, amakulu a isikombisa namashumi a isitupa. **15** Aba kwa Binwi, amakulu a isitupa namashumi amane nesishiyangalombili. **16** Aba kwa Bebayi, amakulu a isitupa namashumi amabili nesishiyangalombili. **17** Aba kwa Azegadi, izinkulungwane ezimbili namakulu amatatu namashumi amabili nambili. **18** Aba kwa Adonikam, amakulu a isitupa namashumi a isitupa nesikombisa. **19** Aba kwa Bigwayi, izinkulungwane ezimbili namashumi a isitupa nesikombisa. **20** Aba kwa Adin, amakulu a isitupa namashumi a isihlanu nesihlanu. **21** Aba kwa Atere, ka Hezekiya, amashumi a isishiyangalolunye nesishiyangalombili. **22** Aba kwa Hashum, amakulu amatatu namashumi amabili nesishiyangalombili. **23** Aba kwa Bezayi, amakulu amatatu namashumi amabili nane. **24** Aba kwa Harifa, ikulu neshumi nambili. **25** Aba kwa Gibeyon, amashumi a isishiyangalolunye nesihlanu. **26** Abantu ba se Betelehem na seNetofa, ikulu namashumi a isishiyangalombili nesishiyangalombili. **27** Abantu ba seAnatoti, ikulu namashumi amabili nesishiyangalombili. **28** Abantu ba seBete-azemavete, amashumi amane nambili. **29** Abantu ba seKiriyati-jeharim, na seKefira, na seBeroti, amakulu a isikombisa namashumi amane nantatu. **30** Abantu ba seRama na seGeba, amakulu a isitupa namashumi amabili nanye. **31** Abantu ba seMikemasi, ikulu namashumi amabili nambili. **32** Abantu ba seBeteli, na seAyi, ikulu namashumi amabili nantatu. **33** Abantu belinye iNebo, amashumi a isihlanu nambili. **34** Aba kwa Elam omunye, inkulungwane namakulu amabili namashumi a isihlanu nane. **35** Aba kwa Harim, amakulu amatatu namashumi amabili. **36** Aba seJeriko, amakulu amatatu namashumi amane nesihlanu. **37** Aba seLodi, na seHadide na seOno, amakulu a isikombisa namashumi amabili nanye. **38** Aba seSena, izinkulungwane ezintatu namakulu a isishiyangalolunye namashumi amatatu.

39 Abapristi: aba kwa Jedaya, bendhlu ka Jeshua, amakulu a isishiyangalolunye namashumi a isikombisa nantatu. **40** Aba kwa Imere, inkulungwane namashumi a isihlanu nambili. **41** Aba kwa Pashure, inkulungwane namakulu amabili namashumi amane nesikombisa. **42** Aba kwa Harim, inkulungwane neshumi nesikombisa.

43 AbaLevi: aba kwa Jeshua, no-Kademiyeli, ba kwa Hodeva amashumi a isikombisa nane. **44** Abahlabeleli: aba kwa Asafu, ikulu namashumi amane nesishiyangalombili. **45** Abalindi'masango: aba kwa Shalum, aba kwa Atere, aba kwa Talemon, aba kwa Akubi, aba kwa Hatita, aba kwa Shobayi, ikulu namashumi amatatu nesishiyangalombili.

46 AmaNetini: aba kwa Ziha, aba kwa Hasufa, aba kwa Tabayoti, **47** aba kwa Kerosi, aba kwa Siya, aba kwa Padon, **48** aba kwa Lebana, aba kwa Hagaba, aba kwa Salmayi, **49** aba kwa Hanan, aba kwa Gideli, aba kwa Gahare, **50** aba kwa Rehaya, aba kwa Rezin, aba kwa Nekoda, **51** aba kwa Gazam, aba kwa Uza, aba kwa Paseha, **52** aba kwa Besayi, aba kwa Mehun, aba kwa Nefushesim, **53** aba kwa Bakebuke, aba kwa Hakufa, aba kwa Harehuri, **54** aba kwa Bazeliti, aba kwa Mehida, aba kwa Haresha, **55** aba kwa Barkosi, aba kwa Sisera, aba kwa Tema, **56** aba kwa Neziya, aba kwa Hatifa.

57 Abantwana bezinceku zi ka Solomon: aba kwa Sotayi, aba kwa Sofereti, aba kwa Perida, **58** aba kwa Jahala, aba kwa Dakon, aba kwa Gideli, **59** aba kwa Shefatiya, aba kwa Hatili, aba kwa Pokeretihazebayim, aba kwa Amon. **60** Onke amaNetini, nabantwana bezinceku zi ka Solomon, ba be amakulu amatatu namashumi a isishiyangalolunye nambili.

61 Yilaba ab'enyuka be puma eTele-mela, na seTele-haresha, na seKeru-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku nikelelwa itempeli. UEzra u ba fundela abantu umteto.

bi, na seAdon, na kwa Imere; kepa ba be nge na kusho izindhlu za oyise, nokuzalwa kwabo, ukuti ba ngaba kwa Israeli yini: **62** aba kwa Delaya, aba kwa Tobiya, aba kwa Nekoda, amakulu a isitupa namashumi amane nambili. **63** Ku bapristi: aba kwa Hobaya, aba kwa Hakozi, aba kwa Barzilayi, owa ganwa owamadodakazi ka Barzilayi wa kwa Giliyadi, wa bizwa ngegama lawo. **64** Laba ba funa ukubhalwa kwabo pakati kwababalwayo ngomlibo wokuzalwa, kepa a ku funyanwanga: ngakoke kwa tiwa ba ngcolile ba kishwake ebupristini. **65** Umbusi wa ti kubo, ma ba nga dhli okungcwelengcwele, ku ze ku vele umpristi o noUrim noTumim.

66 Umbutano wonke u su hlangene wa u izinkulungwane ezi ngamashumi amane nambili namakulu amatatu namashumi a isitupa, **67** ngapandhle kwezigqili nezigqilikazi zabo, eza zi izinkulungwane ezi isikombisa namakulu amatatu namashumi amatatu nesikombisa: ba be nabahlabelelayo abesilisa nabesifazana aba ngamakulu amabili namashumi amane nesihlanu. **68** Amahashi abo, a be ngamakulu a isikombisa namashumi amatatu nesitupa: izimbongolo zabo za zi amakulu amabili namashumi amane nesihlanu; **69** amakamelo abo, a be ngamakulu amane namashumi amatatu nesihlanu; izimbongolwana zabo, za zi izinkulungwane ezi isitupa namakulu a isikombisa namashumi amabili.

70 Abanye kwaba izinhloko zezindhlu za oyise ba nikelela umsebenzi. Umbusi wa nikela engcebweni amadarike egolide a inkulungwane nemikele e ngamashumi a isihlanu, izingubo zabapristi ezi ngamakulu a isihlanu namashumi amatatu. **71** Ezinye izinhloko zezindhlu za oyise za nikela engcebweni yomsebenzi amadarike egolide a izinkulungwane ezi ngamashumi amabili, namamane esiliva a izinkulungwane ezimbili namakulu amabili. **72** Okwa nikelwa abanye abantu kwa ku amadarike egolide a izinkulungwane ezi ngamashumi amabili, namamane esiliva a izinkulungwane ezimbili, nezingubo zabapristi ezi ngamashumi a isitupa nesikombisa.

73 Abapristi, nabaLevi, nabalindi-'masango, nabahlabeleli, nabanye ku bantu, namaNetini, noIsraeli wonke ba hlala emizini yabo.

Ya t'uba yetwase inyanga yesikombisa, aba kwa Israeli ba be semizini yabo. **1** Abantu bonke ba bu-**8** tana njengomuntu munye esigcawini esa si ngapambi kwesango lamanzi; ba kuluma ku Ezra umbhali ukuba a lete incwadi yomteto ka Moses, uJehova a be yale uIsraeli ngawo. **2** UEzra umpristi wa letake umteto pambi kwombutano wabesilisa nabesifazana, nabo bonke aba nengqondo yokuzwa, ngosuku lokuqala lwenyanga yesikombisa. **3** Wa funda kuwo pambi kwesigcau esa si ngapambi kwesango lamanzi wa qala ekuseni kwa za kwa ba pakati kwemini, pambi kwabesilisa nabesifazana, naba nokuqonda; izindhlebe zabantu bonke za lalelisisa incwadi yomteto. **4** Umbhali uEzra w'ema ebestulu lamapulangwe, aba be l'enzele loko; kw'ema ecaleni kwake uMatitiya, noShema, noAnaya, noUriya, noHilekiya, noMahaseya nga kwesokunene sake, nga kwesokohlo sake, uPedaya, noMishayeli, noMalekija, noHashum, noHashebadana, noZekariya, noMeshulam. **5** UEzra wa penya incwadi emehlweni abo bonke abantu (ngokuba wa e ngapezulu kwabantu bonke); wa t'ukuyipenya, ba sukuma bonke abantu. **6** UEzra wa bonga UJehova, uNkulunkulu omkulu; bonke abantu ba pendula, be ti, Amen, Amen, be pakamisa izandhla zabo: ba kotamisa amakanda abo, ba kuleka ku Jehova be beka pansi ubuso. **7** Futi uJeshua, noBani, noSherebiya, noJamin, noAkubi, noShabetayi, noHodiya, noMahaseya, noKelita, noAzariya, noJozabade, noHanan, noPelaya, nabaLevi, ba qondisa abantu umteto: abantu b'ema ezindaweni zabo. **8** Ba funda encwadini, emtetweni ka

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku duduzwa abantu. Umkosi wamadokodo. Umtandazo wabaLevi.

Nkulunkulu, be pumisela; ba yi casisa kahle, ba ba qondisa okufundwayo.

9 UNehemiya, owa e ngumbusi, noEzra umpristi umbhali, nabaLevi aba fundisa abantu, ba ti ku bantu bonke, Lolu suku lu ngcwele ku Jehova uNkulunkulu wenu; ni nga lili, ni nga kali. Ngokuba ba kala bonke abantu, ekuzweni kwabo amazwi omteto. **10** Wa s'e ti kubo, Hambani, ni dhle okunonileyo, ni puze okumnandi, ni tumele izabelo kwaba nga lungiselwanga luto; ngokuba lolu suku lu ngcwele eNkosini yetu: ni nga bi buhlungu; ngokuba injabulo ka Jehova i yinqaba yenu. **11** AbaLevi ba tulisa abantu bonke, ba ti, Tulani, ngoba usuku lu ngcwele; ni nga bi buhlungu. **12** Bonke abantu ba ya ekudhleni, na sekupuzeni, na sekutumeleni izabelo, na sekwenzeni intokozo enkulu ngokuba ba be qondile amazwi aba be wa tsheliwe.

13 Ngosuku lwesibili kwa butana izinhloko zezindhlu za oyise zabantu bonke, abapristi, nabaLevi, ku Ezra umbhali, ukuba ba qapele amazwi omteto. **14** Ba fumana ku lotshiwe emtetweni, uJehova a yala ngawo ngoMoses, ukuba aba kwa Israeli ba hlale emadokodweni ngomkosi wenyanga yesikombisa; **15** nokuba b'ezwakalise ba memezele emizini yonke yabo, na seJerusalem, be ti, Pumani ni ye entabeni, ni lande amahlamvu omnqumo, namahlamvu omnqumo wa sendhle, namahlamvu ombomvana, namahlamvu esundu, namahlamvu emiti ehlangeneyo, ukuba kwenziwe amadokodo, njengokulotshiweyo. **16** Ba pumake abantu, ba wa leta, ba z'enzela amadokodo kwa ilowo opahleni lwendhlu yake, na semagcekeni abo, na semagcekeni endhlu ka Nkulunkulu, na sesigcawini sesango lamanzi, na sesigcawini sesango li ka Efrayim. **17** Umbutano wonke waba be buyile ekutunjweni w'enza amadokodo, wa hlala emadokodweni; ngokuba ku sukela emihleni ka Jeshua ka Nun ku ze ku be ilolo suku aba kwa Israeli ba be nga zange b'enze njalo. Kwa ku kona ukutokoza okukulu kakulu. **18** Wa funda encwadini yomteto ka Nkulunkulu, imihla ngemihla, ku sukela osukwini lokuqala kwa za kwa ba usuku lokugcina. B'enza umkosi izinsuku ezi isikombisa; ngosuku lwesishiyangalombili kwa ba kona umhlangano ozotileyo, njengesiko.

9 Ngosuku lwamashumi amabili nane lwa le nyanga aba kwa Israeli ba butana be zila ukudhla, b'embete indwangu yamasaka, be zitele ngomhlabati. **2** Abenzalo ka Israeli ba z'ahlukanisa kwabezizwe bonke, b'ema ba vuma izono zabo, nobubi ba oyise. **3** Ba sukuma b'ema ezindaweni zabo, ba funda encwadini yomteto ka Jehova uNkulunkulu wabo inxenye yesine yosuku; ngenxenye yesine yosuku ba vuma izono, ba kuleka ku Jehova uNkulunkulu wabo. **4** Kwa se ku sukuma ezikwelweni zabaLevi, uJeshua noBani, noKademiyeli, noShebaniya, noBuni, noSherebiya, noBani, noKenan, ba memeza ngezwi elikulu ku Jehova uNkulunkulu wabo.

5 Ba se be ti abaLevi, uJeshua, noKademiyeli, noBani, noHashabeniya, noSherebiya, noHodiya, noShebaniya, noPetahiya, Sukumani ni bonge uJehova uNkulunkulu wenu ku suka pakade ku ze ku be nini; ma li bongwe igama lako elidumileyo, elipakanyisiweyo ngapezulu kwako konke ukubonga nokudumisa. **6** Wena u nguJehova, wena wedwa; w'enzile izulu, izulu lamazulu, nebandhla lonke lawo, umhlaba, nako konke oku kuwo, izilwandhle nako konke oku kuzo, wena u ku nika ukupila konke loku; ibandhla lezulu li kuleka kuwe. **7** Wena u nguJehova uNkulunkulu, owa keta uAbram, wa m kipa eUre lamaKaldi, wa mu ta igama lokuti uAbraham, **8** wa fumana inhliziyo yake i tembekile pambi kwako, w'enza isivumelwano naye ukumnika izwe lamaKanan, nelamaHiti, nelamaAmori, ne-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

AbaLevi ba vuma ubunene bu ka Jehova nokwona kwabantu.

lamaPerizi, nelamaJebusi, nelamaGirgashi, ukulinika inzalo yake, u wa fezile amazwi ako; ngoba wena u lungile.

9 Wa bona ukuhlupeka kwa okoko betu Egipite, w'ezwa ukukala kwabo eLwandhle oluBomvu. **10** W'enza izibonakaliso nezimangaliso ku Faro, na kuzo zonke izinceku zake, na kubo bonke abantu bezwe lake; ngokuba wa wazi ukuti ba zigabisa ngabo, wa z'enzela igama, njengokuba kunjalo na namhlanje. **11** W'ahlukanisa ulwandhle pambi kwabo, ba dabula pakati kwolwandhle emhlabatini owomileyo; ababalandelayo wa ba ponsa ekujuleni, njengetshe emanzini a namandhla. **12** Wa ba hola emini ngensika yefu; na sebusuku ngensika yomlilo, ukubakanyisela indhlela aba hamba ngayo. **13** W'ehlela entabeni iSinayi, wa kuluma nabo u sezulwini, wa ba nika amasiko a te ntse nemiteto eqinisekileyo, nezimiso nemiyalo emihle, **14** wa b'azisa isabata lako elingcwele, wa ba yala ngemiyalo, na ngezimiso, na ngomteto, ngoMoses inceku yako, **15** wa ba nika isinkwa esi vela ezulwini ngokulamba kwabo, wa ba vezela amanzi etsheni ngokoma kwabo, wa ti kubo ma ba ngene ba dhle izwe owa li pakamisela isandhla sako ukubanika lona.

16 Kepa bona na okoko betu ba zigabisa, b'enza lukuni intamo yabo, ka ba lalelanga imiyalo yake, **17** benqaba ukulalela, a ba kumbulanga izimangaliso zako owazenzayo pakati kwabo, b'enza lukuni intamo yabo: ngokuhlubuka kwabo ba misa induna ukuba ba buyele ebugqilini babo. Kepa wena u nguNkulunkulu otetelelayo, o nomusa o nesihe, o wepuza ukutukutela, o vama isihau, ka u ba shiyanga. **18** Yebo lapo se be z'enzele inkonyana ebunjiweyo, be ti, Nangu uNkulunkulu wako o kwenyuse Egipite, b'enza izicunulo ezinkulu; **19** noko wena, ngesihe sako esikulu a u ba shiyanga ehlane: insika yefu a i sukanga pezu kwabo emini ukubahola endhleleni; nensika yomlilo ebusuku ukubakanyisela, nokubakombisa indhlela aba hamba ngayo. **20** Wa ba nika noMoya wako olungileyo ukubaqondisa, a u nqabanga nemana lako emilonyeni yabo, wa ba nika amanzi ngenxa yokwoma kwabo. **21** Yebo, wa b'ondhla iminyaka e ngamashumi amane ehlane, ka ba swela luto, izingubo zabo a zi guganga, izinyawo zabo a zi vuvukalanga. **22** Wa ba nika imibuso nezizwe, owa b'abela zona ngokwezabelo zabo: ba dhla izwe li ka Sihon, izwe lenkosi ya seHeshbon, nezwe li ka Ogi inkosi ya seBashan. **23** W'andisa abantwana babo ba ze ba ba njengezinkanyezi zezulu, wa ba ngenisa ezweni owa u te ngalo koyise, ba za kungena ba li dhle. **24** Ba ngenake abantwana ba li dhla izwe, wa vova pambi kwabo abakileyo bezwe, amaKanan, wa wa nikeza ezandhleni zabo, kanye namakosi awo, nabantu bezwe, ukuba b'enze kubo njengokutanda kwabo. **25** Ba dhla imizi ebiyelweyo, nezwe elivundileyo, ba tola izindhlu eza zi gcwele izinto ezinhle, imigodi yamanzi embiweyo, nezivini, namasimu eminqumo, nemiti edhliwayo eminingi: ba dhlake, ba suta, ba kulupala, ba zitokozisa ngobunene bako obukulu.

26 Noko ba dhlubulunda, ba hlubuka kuwe, ba lahla nyovane umteto wako, ba bulala abaprofeti bako aba fakaza ngabo ukubabuyisela kuwe, b'enza izicunulo ezinkulu. **27** Ngakoke wa ba kapela esandhleni sabayimpi kubo, aba ba bangela usizi; ngesikati sosizi lwabo, se be kala kuwe, wa b'ezwa u sezulwini; ngokwesihe sako esikulu wa ba nika abasindisi ababasindisayo esandhleni sabayimpi kubo. **28** Kepa se be pumulile, ba buya b'enza okubi pambi kwako; ngakoke wa ba shiya esandhleni sezita zabo, za busa pezu kwabo: noko ekubuyeni kwabo, be kala kuwe, w'ezwa u sezulwini; wa b'opula izikati eziningi ngokwesihe sako, **29** wa fakaza ngabo, ukuze u ba buyisele emtetweni wako. Noko

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Abantu benza isivumelwano sokuti ba zo gcina umteto.

ba zigabisa, a ba lalelanga imiyalo yako, b'ona kuwo amasiko ako (oko ti uma umuntu e w'enza, a pile ngawo), ba kwebula ihlombe, b'enza lukuni intamo yabo, a ba ze b'ezwa. **30** Noko iminyaka emininga wa ba bekezelela, wa fakaza ngabo ngo-Moya wako ngabaprofeti bako; noko a ba ze ba beka indhlebe: ngakoke wa ba nikeza esandhleni sabantu bamazwe. **31** Kanti noko ngenxa yesihe sako esikulu a u ba tanga qotu, a u ba shiyanga; ngoba wena u nguNkulunkulu o nomusa o nesihe.

32 Kalokuke, wena Nkulunkulu wetu, Nkulunkulu omkulu, o isiqwaga owesabekayo, o gcina isivumelwano nesihau, konke loku kushikashikeka ma ku nga bi kuncane pambi kwako okusificileyo tina, amakosi etu, nezikulu zetu, nabapristi betu, nabaprofeti betu, na obaba, nabantu bonke bako, ku sukela esikatini samakosi a seAsiriya ku ze ku be namhlanje. **33** Noko u lungile kuko konke okusehleleyo; ngoba wena w'enzile ngeqiniso, kodwa tina si shingile; **34** a ka wu gcinanga umteto wako amakosi etu, nezikulu zetu, nabapristi betu na obaba, a ba lalelanga imiyalo yako nezifakazo zako o zi fakaze ngabo. **35** Ngoba a ba ku konzanga embusweni wabo, na sebuneneni bako obukulu owa ba nika bona, na sezweni elikulu elivundileyo owa ba nika lona, a ba buyanga emisebenzini yabo emibi. **36** Bheka, si izigqili namhla, izwe owa li nika obaba ukuba ba dhle izitelo zalo nokuhle kwalo, bheka, si izigqili kulo. **37** Ukutela kwalo kukulu kuwo amakosi o wa mise pezu kwetu ngenxa yezono zetu: futi a busa imizimba yetu, nezinkomo zetu, ngokutanda kwawo, si sozini olukulu. **38** Noko ku njalonjalo nje si y'enza isivumelwano esiqinileyo, si ya si loba; izikulu zetu, abaLevi betu, nabapristi betu, ba ya si namatelisa ngopau.

10 Yilabake aba si namatelisa ngopau: uNehemiya umbusi, indodana ka Hakaliya, uZedekiya, **2** noSeraya, noAzariya, noJeremiya, **3** noPashure, noAmariya, noMalekija, **4** noHatushi, noShebaniya, noMaluki, **5** noHarim, noMeremoti, noObadiya, **6** noDaniyeli, noGineton, noBaruki, **7** noMeshulam, noAbija, noMijamin, **8** noMahaziya, noBilegayi, noShemaya; laba ba be ngabapristi. **9** AbaLevi: uJeshua ka Azaniya, noBinwi wamadodana ka Henadade, noKademiyeli; **10** nabafo wabo, uShebaniya, noHodiya, noKelita, noPelaya, noHanan, **11** noMika, noRehobe, noHashabiya, **12** noZakure, noSherebiya, noShebaniya, **13** noHodiya, noBani, noBeninu. **14** Aba izinhloko zabantu: uParoshi, noPahati-moabe, noElam, noZatu, noBani, **15** noBuni, noAzegadi, noBebayi, **16** noAdonija, noBigwai, noAdin, **17** noAtere, noHezekiya, noAzuri, **18** noHodiya, noHashum, noBezayi, **19** noHarifa, noAnatoti, noNobayi, **20** noMagepiyashi, noMeshulam, noHezire, **21** noMeshezabeli, noZadoki, noJaduwa, **22** noPelatiya, noHanan, noAnaya, **23** noHosheya noHananiya, noHashubi, **24** noHaloheshe, noPileha, noShobeki, **25** noRehum, noHashabena, noMahaseya; **26** noAhiya, noHanan, noAnan, **27** noMaluki, noHarim, noBahana.

28 Abantu abanye, abapristi, nabaLevi, nabalindi'masango, nabahlabeleli, namaNetini, nabo bonke aba be z'ahlukanise ku bantu bamazwe ba ngena emtetweni ka Nkulunkulu, omkabo, namadodana abo, namadodakazi abo, bonke aba nokwazi nokuqonda; **29** ba namatela ku bafo wabo, izidukwana zabo, ba ngena esibinweni, na sesifungweni, ukuba ba hambe emtetweni ka Nkulunkulu, owa nikwa ngaye uMoses, inceku ka Nkulunkulu, ukuba ba qapele b'enze yonke imiyalo ka Jehova iNkosi yetu, namasiko ake nezimiso zake; **30** ukuba si nga ba niki amadodakazi etu abantu bezwe, si nga tateli amadodana etu amadodakazi abo; **31** uma abantu bezwe be leta impahla noma amabele ngesabata be zo tengisa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ba vuma ukutelela inkonzo yetempeli. Aba hlala eJerusalem.

ngako, si nga ku tengi kubo ngesabata, na ngosuku olungcwele; si wu yeke u lale umnyaka wesikombisa, si nga bizi izikweletu noma esi ka bani.

32 Futi sa zimisela imiyalo, yokuba si tele iminyaka ngeminyaka okwesitatu kweshekeli ngenxa yenkonzo yendhlu ka Nkulunkulu wetu; **33** ngesinkwa sokubhekwa, na ngomnikelo wempupu wa futi na ngomnikelo oshiswayo wa futi, ngamasabata, na ngowokwetwasa kwezinyanga, na ngemikosi emisiweyo, na ngezinto ezingcwele, na ngeminikelo yokwona ukuhlaulela uIsraeli, na ngomsebenzi wonke wendhlu ka Nkulunkulu wetu. **34** S'enza inkato, abapristi, nabaLevi, nabantu, ngomnikelo wezinkuni, ukuzingenisa endhlini ka Nkulunkulu wetu, ngokwezindhlu za obaba, ngezikati ezimisiweyo, iminyaka ngeminyaka, ukuba zi baswe pezu kwelati li ka Jehova uNkulunkulu wetu, njengokulotshiweyo emtetweni; **35** nokungenisa ulibo lomhlabati wetu, nolibo lwezitelo zonke zemiti yezinhlobo zonke, iminyaka ngeminyaka, endhlini ka Jehova; **36** namazibulo amadodana etu, nawezilwane zetu, njengokulotshiweyo emtetweni, namazibulo ezinkomo zetu nawezimvu zetu, ukukuleta endhlini ka Nkulunkulu wetu, ku bapristi aba konza endhlini ka Nkulunkulu wetu; **37** nokuba si lete izandulela zomqazulo wetu, neminikelo yetu yokupakanyiswa, nezitelo zemiti yezinhlobo zonke, iwayini elisha, namafuta, ku bapristi, emakamelweni endhlu ka Nkulunkulu wetu; nokweshumi kwomhlabati wetu ku baLevi; ngoba bona, abaLevi ba tata okweshumi emizini yonke la si lima kona. **38** Umpristi indodana ka Aron u ya kuba nabaLevi, lapo abaLevi be tata okweshumi: abaLevi ba ya kwenyusela okweshumi kwokweshumi endhlini ka Nkulunkulu wetu, emakamelweni, endhlini yengcebo. **39** Ngokuba aba kwa Israeli naba kwa Levi ba ya kuleta umnikelo wokupakanyiswa wamabele, nowewayini elisha, nowamafuta emakamelweni, lapo ku kona izitsha zendhlu engcwele, nabapristi abakonzayo, nabalindi'masango, nabahlabeleli: a si yi kuyishiya indhlu ka Nkulunkulu wetu.

11 Izikulu zabantu za hlala eJerusalem: nabantu abanye b'enza inkato, ukuba ba lete omunye kwaba ishumi njalo a zo hlala eJerusalem umuzi ongcwele, naba isishiyangalolunye kweminye imizi. **2** Abantu ba busisa onke amadoda a qutshwa inhliziyo ukuba a hlale eJerusalem.

3 Yilezi izinhloko zezwe eza hlala eJerusalem: kodwa emizini ya kwa Juda kwa hlala ilowo efeni lake emizini ya kubo, okokuti, uIsraeli, abapristi, abaLevi, amaNetini, nabantwana bezinceku zi ka Solomon. **4** EJerusalem kwa hlala abatile baba kwa Juda, naba kwa Benjamin. Kwaba kwa Juda: uAtaya ka Uziya, ka Zekariya, ka Amariya, ka Shefatiya, ka Mahalaleli, wabantwana ba ka Perezi; **5** noMahaseya ka Baruki, ka Kolihoze, ka Hazaya, ka Adaya, ka Joyaribe, ka Zekariya, indodana yomShilon. **6** Onke amadodana ka Perezi a hlala eJerusalem a e ngamaqawe a ngamakulu amane namashumi a isitupa nesishiyangalombili.

7 Yilawa amadodana ka Benjamin: uSalu ka Meshulam, ka Jowedi, ka Pedaya, ka Kolaya, ka Mahaseya, ka Itiyeli, ka Jeshaya. **8** Ngasemva kwake uGabayi-salayi, e nabantu aba amakulu a isishiyangalolunye namashumi amabili nesishiyangalombili. **9** UJoweli ka Zikri wa e ngumbonisi wabo; uJuda ka Hasenuwa wa e ngowesibili emzini.

10 Ku bapristi: uJedaya ka Joyaribe, noJakin, **11** noSeraya ka Hilekiya, ka Meshulam, ka Zadoki, ka Merayoti, ka Ahitubi, umbusi wendhlu ka Nkulunkulu, **12** nabafo wabo ab'enza umsebenzi wendhlu, ba be amakulu a isishiyangalombili namashumi amabili nambili; noAdaya ka Jeroham, ka Pelaliya, ka Amzi, ka Zekariya, ka Pashure, ka Malekija,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Eminye imizi eyakiwayo. **Abapristi nabaLevi aba fika noZerubabeli.**

13 nabafo wabo, izinhloko zezindhlu za oyise, be amakulu amabili namashumi amane nambili; noAmashayi ka Azareli, ka Azayi, ka Meshilemoti, ka Imere, 14 nabafo wabo, iziqwaga ezi ngamaqawe, ikulu namashumi amabili nesishiyangalombili. Umbonisi wabo wa e nguZabediyeli, ka Hagedolim.

15 Ku baLevi: uShemaya ka Hashubi, ka Azerikam, ka Hashabiya, ka Buni; 16 noShabetayi noJozabade, be izinhloko zabaLevi; aba be pete umsebenzi wapandhle wendhlu ka Nkulunkulu; 17 noMataniya ka Mika ka Zabedi, ka Asafu, e ngumhlonzi wokuhlabelela awokubonga ekutandazeni, noBakebukiya owesibili ku bafo wabo; noAbida ka Shamuwa, ka Galali, ka Jedutun. 18 Bonke abaLevi emzini ongcwele ba be ngamakulu amabili namashumi a isishiyangalombili nane.

19 Abalindi'masango, uAkubi, uTalemon, nabafo wabo, aba linda emasangweni, ba be ikulu namashumi a isikombisa nambili. 20 abaseleyo ku Israeli, ku bapristi, abaLevi, ba be semizini yonke ya kwa Juda, kwa ba ilowo efeni lake. 21 Kodwa amaNetini a hlala eOfele. UZiha noGishpa ba be pete amaNetini.

22 Umbonisi wabaLevi eJerusalem kwa ku Uzi ka Bani, ka Hashabiya, ka Mataniya, ka Mika, wamadodana ka Asafu, abahlabeleli, e pete nomsebenzi wendhlu ka Nkulunkulu. 23 Ngoba kwa ku kona umyalo wenkosi ngabo, isiqiniselo esimisiweyo ngabahlabeleli, njengokudingekayo imihla ngemihla. 24 UPetahiya ka Meshezabeli, wabantwana ba ka Zera ka Juda, wa e nga sesandhleni senkosi ezindabeni zonke zabantu.

25 Ngemizanake, namapandhle ayo, abanye kwaba kwa Juda ba hlala eKiriyati-arba na semizaneni yalo, na seDibon, na semizaneni yalo, na seJekabezeli na semizaneni yalo, 26 na seJeshua, na seMolada, na seBete-peleti, 27 na seHazare-shuwale, na seBere-sheba na semizaneni yalo, 28 na seZikelage, na seMekona na semizaneni yalo, 29 na seEn-rimon, na seZora, na seJarmuti, 30 eZanowa, eAdulam, na semizaneni yayo, eLakishe namapandhle alo, eAzeka, na semizaneni yalo. Ba ngenisake ku suka eBere-sheba kwa za kwa fika emhosheni ka Hinom. 31 Aba kwa Benjamin ba hlala ku suka eGeba ku ya pambili, eMikemashi na seAyija, na seBeteli na semizaneni yalo, 32 eAnatoti, eNobe, eAnaniya, 33 eHazore, eRama, eGitayim, 34 eHadide, eZeboyim, eNebalati, 35 eLodi, na seOno, umhosha wezinyanga zokusebenza. 36 Ku baLevi, izigaba ezitile zaba kwa Juda za hlanganiswa noBenjamin.

12 Yilaba abapristi nabaLevi ab'enyuka noZerubabeli ka Shehaltiyeli, noJeshua: uSeraya, noJeremiya, noEzra, 2 noAmariya, noMaluki, noHatushi, 3 noShekaniya, noRehum, noMeremoti, 4 noIdo, noGineton, noAbija, 5 noMijamin, noMadiya, noBilega, 6 noShemaya, noJoyaribe, noJedaya, 7 noSalu, noAmoki, noHilekiya, noJedaya. Laba ba be izinhloko zabapristi nezabafo wabo emihleni ka Jeshua.

8 AbaLevi: uJeshua, noBinwi, noKademiyeli, noSherebiya, noJuda, noMataniya, owa e pete ukubonga, yena nabafo wabo. 9 noBakebukiya noUno, abafo wabo, ba be malungana nabo ngokwezikundhla zabo. 10 UJeshua wa zala uJoyakim, uJoyakim wa zala uEliyashibe, uEliyashibe wa zala uJoyada, 11 uJoyada wa zala uJonatan, uJonatan wa zala uJaduwa.

12 Emihleni ka Joyakim kwa ku kona abapristi, izinhloko zezindhlu za oyise: o ka Seraya uMeraya; o ka Jeremiya, uHananiya; 13 o ka Ezra, uMeshulam; o ka Amariya, uJehohanan; 14 o ka Maluki, uJonatan; o ka Shebaniya, uJosefa; 15 o ka Harim, uAdena; o ka Merayoti, uHelekayi; 16 o ka Ido, uZekariya; o ka Gineton, uMeshulam; 17 o ka Abija, uZikri; o ka Miniyamin, ka Mowa-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukwahlukaniselwa kwogange. Ku hlelwa umsebenzi wetempeli.

diya, uPiletayi; **18** o ka Bilega, uShamuwa; o ka Shemaya, uJehonatan; **19** o ka Joyaribe, uMatenayi; o ka Jedaya, uUzi; **20** o ka Salayi, uKalayi; o ka Amoki, uEberi; **21** o ka Hilekiya, uHashabiya; o ka Jedaya, uNetaneli.

22 AbaLevi-ke emihleni ka Eliyashibe, noJoyada, noJohanan, noJaduwa, kwa lotshwa izinhloko zezindhlu za oyise; nezabapristi, ekubuseni ku ka Dariyosi umPersiya. **23** Amadodana ka Levi, izinhloko zezindhlu za oyise, a lotshwa encwadini yezindaba zemihla ngemihla, kwa za kwa ba semihleni ka Johanan ka Eliyashibe. **24** Izinhloko zabaLevi; uHashabiya, noSherebiya, noJeshua ka Kademiyeli, kanye nabafo wabo malungana nabo, ukuba ba dumise ba bonge, njengomyalo ka Davida umuntu ka Nkulunkulu, isigaba malungana nesigaba. **25** UMataniya, noBakebukiya, noObadiya, noMeshulam, noTalemon, noAkubi, ba be abalindi'masango be linda izindhlu zempahla ezi nga semasangweni. **26** Laba ba be kona emihleni ka Joyakim ka Jeshua, ka Jozadake, na semihleni ka Nehemiya umbusi, noEzra umpristi umbhali.

27 Ekwahlukaniselweni kwogange lweJerusalem ba funa abaLevi ezindaweni zonke zabo, ukuba ba yiswe eJerusalem, ukuze lwahlukaniselwe ngokutokoza, ngokubonga, na ngokuhlabelela, ngezikencezo, na ngezingubu, na ngezinkoka. **28** Amadodana abahlabeleli a butana, e vela etafeni eli zungeze iJerusalem, na semizaneni yamaNetofati; **29** na seBete-giligali, na semapandhleni a seGeba neAzemavete; ngoba abahlabeleli ba be z'akele imizana nga seJerusalem inxa zonke. **30** Abapristi nabaLevi ba zihlambulula; ba hlambulula nabantu, namasango, nogange.

31 Nga se ng'enyusela ogangeni izikulu za kwa Juda, nga misa izigaba ezibili ezikulu ezabongayo eza hlab'ihele; esinye sa ya nga kwesokunene ogangeni, sa bheka esangweni lomquba: **32** ngasemva kwabo kwa hamba uHoshaya, nenxenye yezikulu za kwa Juda, **33** noAzariya, noEzra, noMeshulam, **34** noJuda, noBenjamin, noShemaya, noJeremiya, **35** namadodana atile abapristi e pete amacilongo; uZekariya ka Jonatan, ka Shemaya, ka Mataniya, ka Mikaya, ka Zakure, ka Asafu, **36** nabafo wabo, uShemaya, noAzareli, noMilalayi, noGilalayi, noMayi, noNetaneli, noJuda, noHanani, be pete izinto zokuvuma zi ka Davida umuntu ka Nkulunkulu; uEzra umbhali wa e pambi kwabo. **37** Nga sesangweni lomtombo, malungana nabo, b'enyuka ngezikwelo zomuzi ka Davida, ekwenyukeni kwogange, nga senhla kwendhlu ka Davida, kwa za kwa ba sesangweni lamanzi nga sempumalanga.

38 Esinye isigaba sababongayo sa ya kubahlangabeza, ngi ngasemva kwaso, ngi nenxenye yabantu ogangeni, nga senhla kwomboshongo wezitando, kwa za kwa ba sosangeni olu banzi, **39** na ngapezu kwesango li ka Efrayim, na nga sesangweni elidala, na nga sesangweni lezinhlanzi, nomboshongo ka Hananeli, nomboshongo ka Hameya, kwa za kwa ba sesangweni lezimvu: b'ema esangweni letilongo. **40** Z'ema kanjaloke izigaba ezibili zababongayo endhlini ka Nkulunkulu, nami, nenxenye yababusi kanye nami; **41** nabapristi, uEliyakim, noMahaseya, noMiniyamin, noMikaya, noEliyohenayi, noZekariya, noHananiya, be pete amacilongo; **42** noMahaseya, noShemaya, noElazare, noUzi, noJehohanan, noMalekija, noElam, noEzere. Abahlabeleli ba hlabelela kakulu, be noJezerahiya umpati wabo. **43** Ba nikela imihlatshelo emikulu nga lolu suku, ba tokoza; ngoba uNkulunkulu wa e ba tokozisile ngokutokoza okukulu; nabesifazana nabantwana ba tokoza: ukutokoza kwa seJerusalem kw'ezwakala kude.

44 Kwa miswa nga lolo suku abantu bokupata amakamelo engcebo, nabeminikelo yokupakanyiswa, na-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Kwalelwa abezizwe. Ku xoshwa uTobiya. Okweshumi. Isabata.

bezandulela, nabokweshumi, ukuba ba qongelele kuwo, ngokwamasimu emizi, izabelo ezi miselwe abapristi nabaLevi ngomteto: ngokuba uJuda wa ba tokozela abapristi nabaLevi abemiyo. **45** Ba londa isilondolozelo si ka Nkulunkulu wabo, nesilondolozelo senhlambululo, b'enze njalo nabahlabeleli nabalindi'masango, ngokwomyalo ka Davida no ka Solomon indodana yake. **46** Ngokuba emihleni ka Davida noAsafu endulo kwa ku kona inhloko yabahlabeleli, nezingoma zokudumisa nezokubonga uNkulunkulu. **47** UIsraeli wonke emihleni ka Zerubabeli, na semihleni ka Nehemiya, ba ba nika izabelo abahlabeleli nabalindi'masango, njengokudingekayo imihla ngemihla: ba ngcwelisa okwabaLevi; abaLevi ba ngcwelisa okwamadodana ka Aron.

13 Nga lolo suku ba funda encwadini ka Moses ezindhlebeni zabantu; kwa funyanwa ku lotshiwe kona ukuti, umAmon nomMoabe ma ba nga ngeni embutanweni ka Nkulunkulu na nini, **2** ngokuba be nga hlangabezanga aba kwa Israeli ngokudhla namanzi, ba tola ngemali uBalam, ukuba a ba qalekise: noko uNkulunkulu wetu wa guqula isiqalekiso sa ba isibusiso. **3** Kwa t'uba b'ezwe umteto, b'ahlukanisa ku Israeli ixubevange lonke.

4 Kepake ngapambili kwa loku, uEliyashibe umpristi owa e miselwe amakamelo endhlu ka Nkulunkulu wetu, e isihlobo si ka Tobiya, **5** wa be e m enzele ikamelo elikulu, lapo kwa ku bekwa kona ngezikati ezi pambili iminikelo yempupu, nenhlaka, nezitsha, nokweshumi kwamabele, newayini elisha, namafuta, okwa ku nikwa abaLevi ngomyalo, nabahlabeleli, nabalindi'masango; neminikelo yokupakanyiswa yabapristi. **6** Kepa kuko konke loku nga ngi ngeko eJerusalem; ngokuba ngomnyaka wamashumi amatatu nambili ka Artashashta inkosi ya seBabulon, nga ya enkosini: emva kwezinsuku ezitile nga cela enkosini ukuba ngi buye, **7** nga fika eJerusalem, ng'ezwa okubi uEliyashibe akwenzileyo ngenxa ka Tobiya, ngokumenzela ikamelo emagcekeni endhlu ka Nkulunkulu. **8** Kwa ba kubi kakulu kimi: ngakoke nga ntshinga yonke impahla yendhlu ka Tobiya ngapandhle kwekamelo. **9** Nga se ngi sho, ba hlambulula amakamelo: nga buyisela kona izitsha zendhlu ka Nkulunkulu, neminikelo yempupu nenhlaka.

10 Nga bona ukuti izabelo zabaLevi a ba zi nikwanga; abaLevi nabahlabeleli, ab'enza umsebenzi, ba se be balekele ilowo ezweni lake. **11** Nga se ngi kankatana nababusi, nga ti, I shiyelweni indhlu ka Nkulunkulu na? Nga ba qoqa, nga ba misa ezindaweni zabo. **12** UJuda wonke wa s'e leta okweshumi kwamabele newayini elisha namafuta ezindhlini zengcebo. **13** Nga misa abagcin'ingcebo ukupata izindhlu zengcebo, uShelemiya umpristi, noZadoki umbhali, na ku baLevi, uPedaya; ababalandelayo kwa ku uHanan ka Zakure ka Mataniya ngokuba ba tiwa abatembekayo, kwa ku okwabo ukwabela abafo wabo. **14** Ngi kumbule, Nkulunkulu wami nga loku, u nga hlanguli izenzo zami zobunene engi z'enzele indhlu ka Nkulunkulu wami, nezilondolozelo zayo.

15 Nga lezo zinsuku nga bona kwa Juda abantu be nyatela izikamo zevini ngesabata, be ngenisa izitungu zamabele, b'etwesa izimbongolo ngazo; newayini futi, namavini namakiwane, nemitwalo yonke, aba yi ngenisa eJerusalem ngosuku lwesabata: nga ba kaca ngosuku aba tengisa ngalo ukudhla. **16** Kwa ku hlala kona nabantu ba seTire, aba leta izinhlanzi, nezinhlobo zonke zempahla, ba tengisa ngazo ngesabata kwaba kwa Juda, na seJerusalem. **17** Nga se ngi kankatana nabanumzan.. ba kwa Juda, nga ti kubo, Yini loku okubi enikwenzayo, ni dumaza usuku lwesabata na? **18** Angiti oyihlo b'enza kanje, uNkulunkulu wetu wa leta bonke lobu bubi pezu kwetu, na pezu kwa lo muzi na? noko nina ni

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku vinjelwa abapula isabata.

s'engeza ulaka pezu ku ka Israeli ngokudumaza isabata.

19 Kwa t'uba ku qale amasango eJerusalem ukuzibeka li nga ka fiki isabata, nga ti ma ku valwe izicabha, nga ti ma zi nga vulwa ku ze ku dhlule isabata: nga misa ezinye zezikonzi zami ukubheka amasango, ukuba ku nga ngeniswa mtwalo ngosuku lwesabata. 20 Ngakoke abahwebi nabatengisi bezinhlobo zonke zempahla ba ngenisa ngapandhle kwomuzi wa seJerusalem kanye noma kabili. 21 Nga se ngi ba kaca, nga ti kubo, Ni ngeniselani malungana nogange na? uma ni pinda, ngo yisa izandhla kini. Ku sukela ku leso sikati a ba be be sa fika ngesabata. 22 Nga ti ku baLevi ma ba zihlambulule, ukuba b'eze ba linde amasango, ba ngcwelise usuku lwesabata. Kumbula ngami, Nkulunkulu wami, na loko, u ngi haukele ngokwobuningi besihau sako.

23 Nga lezo zinsuku nga bona futi abaJuda aba be ganwe abesifazana ba seAshdodi, naba kwa Amon, naba kwa Moabe: 24 abantwana babo ba kuluma be xubanisa ngolimi lwa seAshdodi, be nga kwazi ukukuluma ulimi lwabaJuda, be kuluma ulimi lwezizwe ngezizwe. 25 Nga kankatana nabo, nga ba tuka nga

Ku jeziswa aba ganwa abezizwe.

shaya abatile kubo, nga ba hlutula izinwele, nga ba fungisa uNkulunkulu, nga ti, Ni nga niki amadodana abo amadodakazi enu, ni nga zitabateli nina namadodana enu amadodakazi abo. 26 Angiti uSolomon inkosi ya kwa Israeli w'ona nga lezi zinto na? inganti ezizweni eziningi kwa ku ngeko nkosi e fana naye, wa e tandeka ku Nkulunkulu wake, uNkulunkulu wa m enza inkosi ku Israeli wonke: noko naye w'oniswa abesifazana bezizwe. 27 Po tina si zo lalela nina s'enze lobu bubi obukulu, si pambuke ku Nkulunkulu wetu ngokuganwa abesifazana bezizwe na?

28 Omunye wamadodana ka Joyada, ka Eliyashibe umpristi omkulu, wa e ngumkwenyana ka Sanebalati umHoron: ngakoke nga m xosha kimi. 29 Ba kumbule Nkulunkulu wami, ngokuba ba ngcolise ubupristi, nesivumelwano sobupristi, nesabaLevi.

30 Nga ba hlambululake kwabezizwe bonke, nga misa izilondolozelo zabapristi nabaLevi, ilowo emsebenzini wake; 31 nabomnikelo wezinkuni, ngezikati ezimisiweyo, nab'olibo. Ngi kumbule, Nkulunkulu wami, u ngenzele okuhle.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

INCWADI KA

ESTERE

Idili li ka Ahashwerosi. UVashti u kishwa ebukosikazini.

1 Kwa ti ke ezinsukwini zi ka Ahashwerosi (lo u nguye uAhashwerosi owa busa ku suka eIndiya ku ze ku fike eEtiyopiya amazwe a ikulu namashumi amabili nesikombisa), 2 nga lezo zinsuku, inkosi uAhashwerosi e hlezi esihlalweni sobukosi sombuso wake, esa si seShushan komkulu, 3 ngomnyaka wesitatu wokubusa kwake, w'enzela izikulu zonke zake nezinceku zonke zake idili; ubuqawe ba sePersiya na seMediya, nezidukwana nezikulu zamazwe zi pambi kwake; 4 lapo e bonisa ingcebo yombuso wake odumileyo nobucwazicwazi bokuhloba bobukulu bake izinsuku eziningi, izinsuku ezi ikulu namashumi a isishiyangalombili. 5 Se zi gcwalisiwe lezo zinsuku, inkosi ya b'enzela idili abantu bonke aba be kona eShushan komkulu, abakulu nabancane, izinsuku ezi isikombisa ebaleni lensimu yendhlu yenkosi. 6 Kwa ku kona izilengalenga zokumhlope, nokuyibuma, nokuluhlaza, zi boshwe ngezintambo zelineni elicolekileyo nezibubende emasongweni esiliva na sezinsikeni zamatshe amhlope: osofa ba be yigolide nesiliva, i pezu kwomgandayo wamatshe abomvu, namhlope, nampofu, namnyama. 7 Ba puziswa ngezitsha zegolide (ez'ahlukileyo esinye kwesinye), newayini la komkulu eliningi, njengokupana kwenkosi. 8 Ukupuza kwa ku ngokomteto; a ku cindezelwanga muntu: ngoba inkosi ya i mise kanjalo ezinduneni zonke zendhlu yayo, ukuba z'enze njengokutanda kwabantu ngabanye.

9 Naye uVashti inkosikazi w'enzela isifazana idili endhlini ya komkulu yenkosi uAhashwerosi. 10 Ngosuku lwesikombisa, inhliziyo yenkosi i si ncibilikile iwayini, ya yala uMehuman, noBizeta, noHarbona, noBigeta, noAbagata, noZetare, noKarekasi, abatenwa aba isikombisa aba konza ngapambi kwenkosi uAhashwerosi, ukuba, 11 ba ngenise ngapambi kwenkosi inkosikazi uVashti e nomqele wobukosi, ukuba a bonise abantu nezikulu ubuhle bake; ngokuba wa e muhle e bukeka. 12 Kodwa inkosikazi uVashti yala ukuza ngezwi lenkosi ngabatenwa: ngakoke inkosi ya tukutela kakulu, ukufuteka kwayo kwa vuta pakati kwayo.

13 Ya se i ti inkosi kuzo izazi ez'azi izikati (ngokuba wa u njalo umkuba wenkosi kubo bonke abawaziyo umteto nokwahlulela; 14 aba seduze nayo kwa ku oKarshena, noShetare, noAdemata, noTarshishi, noMeres, noMarsena, noMemukan, izikulu ezi isikombisa za sePersiya na seMediya, eza zi bona ubuso benkosi, zi hlala emqoka embusweni), 15 Si za kwenzani enkosikazini uVashti ngokomteto, ngokuba e nga fezanga izwi lenkosi uAhashwerosi ngabatenwa? 16 Wa pendulake uMemukan pambi kwenkosi nezikulu, wa ti, UVashti inkosikazi a yenzanga okubi enkosini yodwa, yenza ezikulwini zonke futi, na ku bantu bonke aba semazweni onke enkosi uAhashwerosi. 17 Ngoba le ndaba eyenziwa inkosikazi i ya kuhxeleba kubo bonke abesifazana, amadoda abo a deleleke emehlweni abo, lapo ku bikwa ukuti, Inkosi uAhashwerosi ya sho ukuba inkosikazi uVashti i ngeniswe pambi kwayo, a ya ze yeza. 18 Namhlake amakosikazi a sePersiya na seMediya ayizwileyo le ndaba yenkosikazi a yo kuluma kanjalo ezikulwini zonke zenkosi. Ku za kuvama ukudelela nokutukutela. 19 Uma ku kuhle enkosini, ma ku pume izwi la konkosi li vela kuyo, ma li lotshwe pakati kwemiteto yamaPersiya namaMede, ukuze li nga guqulwa, ukuba

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku funwa owesikundhla subukosikazi. Ku ketwa uEstere.

uVashti a nga be e sa ngena pambi kwenkosi uAhashwerosi; inkosi i nike omunye olungileyo kunaye ubukosikazi bake. 20 Kot'uba isinqumo senkosi, e ya kusenza, si zwakale embusweni wonke wayo (ngokuba mkulu), abafazi bonke ba hlonipe amadoda abo, amakulu namancane. 21 La ba lihle lelo zwi emehlweni enkosi nezikulu; inkosi y'enza njengezwi li ka Memukan: 22 ngoba ya tuma izincwadi emazweni onke enkosi, emazweni ngamazwe njengokubhala kwawo, na sezizweni ngezizwe njengezilimi zazo, zokuba ku be ileyo ndoda i be isikulu endhlini yayo, nokuba i kulume njengolimi lwabantu bakubo.

2 Emva kwa lezi zinto, ukufuteka kwenkosi uAhashwerosi se ku bohlile, ya kumbula uVashti, na loko akwenzileyo, na loko okunqunyiweyo ngaye. 2 Za se zi ti izinceku zenkosi eziyikonzayo, Ma ku funelwe inkosi amaqikiza ezintombi abukekayo: 3 inkosi ma i mise izinduna emazweni onke ombuso wayo, ukuba zi qoqele amaqikiza onke ezintombi abukekayo eShushan komkulu, endhlini yabesifazana, pansi kwesandhla si ka Hegayi umtenwa wenkosi, umpati wabesifazana; ma zi piwe zona izinto zazo zokucola; 4 ku tike intombi e hlaba umxwele inkosi i be inkosikazi esikundhleni si ka Vashti. Leli zwi la ba lihle emehlweni enkosi; y'enze njalo.

5 Kwa ku kona eShushan komkulu, umJuda otile, o gama lake la li nguMordekayi ka Jahire, ka Shimehi, ka Kishe umBenjamin. 6 Owa e tunjwe eJerusalem kanye nabatunjwa aba be tunjwe noJekoniya inkosi ya kwa Juda, owa tunjwa uNebukadenezare inkosi ya seBabulon. 7 W'ondhla uHadasa, o nguEstere, indodakazi ka yisekazi: ngokuba wa e nge na yise e nge na nina, intombi ya be i umbakabaka i bukeka; kwa ti se be file oyise nonina, uMordekayi wa yi tata ukuba i be indodakazi yake.

8 Kwa ti ke, lapa se ku zwakele izwi lenkozi nesimemezelo sayo, na lapa izintombi eziningi se zi qoqelwe eShushan komkulu, pansi kwesandhla si ka Hegayi, uEstere wa tatwa wa yiswa endhlini yenkosi, pansi kwesandhla si ka Hegayi, umpati wabesifazana. 9 Intombi ya m hlaba umxwele, wa yi pata ngesihau; wa shesha wa yi nika izinto zayo zokucola nezabelo zayo, nezintombi ezi isikombisa eza zi fanele ukunikwa yona zi vela endhlini yenkosi: wa yi susa wa yi beka nezintombi zayo endaweni enhle endhlini yabesifazana. 10 UEstere wa e nga vezanga isizwe sa kubo na la e zalwa kona, ngokuba uMordekayi wa be m yalile ukuba a nga ku vezi. 11 UMordekayi wa e loku e hamba imihla ngemihla pambi kwegceke lendhlu yabesifazana, ukuba azi inhlalo ka Estere, nokuba ku za kwenziwani kuye.

12 Kwa ti lapa se ku fike isikati sezintombi ngezintombi ukuba zi ngene enkosini uAhashwerosi, ekupeleni kwokwenziwa kuyo ngokomteto wabesifazana izinyanga ezi ishumi nambili (ngokuba za zi fezwa kanjalo izinsuku zokucolwa kwabo, izinyanga ezi isitupa ngamafuta emure, nezinyanga ezi isitupa ngamaka atapukayo na ngezinto zokucola abesifazana), 13 intombi ya i ngena kanjeke enkosini: Konke ekushoyo ya ku nikwa ukuba i pume nako endhlini yabesifazana i ye endhlini yenkosi. 14 Ya i ya kusihlwa, i buye nga kusasa i ye endhlini yesibili yabesifazana pansi kwesandhla si ka Shahashgazi, umtenwa wenkosi, umpati wezancinza: ya i nga pindi ukuya enkosini, kupela uma inkosi i y'enamela, i bizwe ngegama. 15 Ku te lapa se ku fike isikati si ka Estere, ka Abihayili uyisekazi ka Mordekayi, owa be yi tate i be indodakazi yake, sokungena enkosini, a ka funanga luto kupela loko uHegayi umtenwa wenkosi, umpati wabesifazana a be ku shilo. UEstere wa ba nesasasa kubo bonke abambonayo.

16 UEstere wa yiswake enkosini uAhashwerosi endhlini yayo yobukosi ngenyanga yeshumi, e inyanga

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UMordekayi u sindisa inkosi. **UHaman u tenga abaJuda.**

uTebeti, ngomnyaka wesikombisa wokubusa kwake. **17** Inkosi ya tanda uEstere kunabo bonke abesifazana, wa ba nesasasa kuyo, ya m pata ngesihau kunazo zonke izintombi; ya m faka umqele wobukosi ekanda, ya m beka a be inkosikazi esikundhleni si ka Vashti. **18** Inkosi ya se y'enzela izikulu zonke zayo nezinceku zayo idili elikulu, idili li ka Estere; ya kulula iziboshwa emazweni, y'aba izipo, njengokupana kwenkosi.

19 Kwa ti ekuqoqweni kwezintombi ngokwesibili, uMordekayi wa be e hlezi esangweni lenkosi. **20** UEstere wa e nga ka vezi la e zalwa kona nesizwe sa kubo; njengaloko uMordekayi a m yale ngako: ngoba uEstere w'enza oku shiwo uMordekayi, njenga lapo e s'ondhliwa uye. **21** Nga lezo zinsuku, uMordekayi e hlezi esangweni lenkosi, abatenwa ababili benkosi, uBigetan noTereshe ku labo aba be linda umnyango, ba tukutela ba funa ukuyisa izandhla enkosini uAhashwerosi. **22** Le nto y'aziwa uMordekayi, wa yi tshela uEstere inkosikazi; uEstere wa yi sho enkosini egameni li ka Mordekayi. **23** Se i penyisisiwe le ndaba, kwa funyanwa ukuti i njalo, ba panyekwa bobabili emtini: kwa lotshwa encwadini yezindaba zemihla ngemihla pambi kwenkosi.

3 Emva kwa lezi zinto inkosi uAhashwerosi ya m enza mkulu uHaman ka Hamedata umAgagi, ya m pakamisa, ya misa isihlalo sake sa ba ngapezu kwezikulu zonke eza zi nayo. **2** Izinceku zonke zenkosi, eza zi sesangweni lenkosi, za guqa pansi za kuleka ku Haman; ngoba inkosi i bi yalile kanjalo ngaye. Kodwa uMordekayi ka guqanga, ka m kulekelanga. **3** Izinceku zenkosi, eza zi sesangweni lenkosi, za se zi ti ku Mordekayi, U w'eqelani umyalo wenkosi na? **4** Kwa t'uba zi kulume kuye imihla ngemihla, e nga zi laleli, za tshela uHaman, ukuba zi bone ukuti izindaba zi ka Mordekayi zi za kuma yini: ngokuba wa e zi tshelile ukuti u ngumJuda. **5** Wa ti uHaman ukubona ukuti uMordekayi a ka guqi, a ka m kulekeli, wa s'e gcwala ukufuteka. **6** Kwa ba into edelelekileyo emehlweni ake ukuba a yise isandhla ku Mordekayi yedwa; ngokuba za se zi m tshelile ngesizwe sa kubo ka Mordekayi: ngakoke uHaman wa funa ukushabalalisa abaJuda bonke aba be sembusweni wonke ka Ahashwerosi, isizwe sa kubo ka Mordekayi.

7 Ngenyanga yokuqala, inyanga uNisan, ngomnyaka weshumi nambili wenkosi uAhashwerosi, b'enza iPuri, oku ukuti inkato, pambi ku ka Haman imihla ngemihla, izinyanga ngezinyanga, kwa za kwa ba eyeshumi nambili, e inyanga uAdare. **8** UHaman wa ti enkosini uAhashwerosi, Ku kona isizwe esitile esi te qhu saka, esi hlakazekile pakati kwezizwe emazweni onke ombuso wako; imiteto yaso y'ahlukene neyezizwe zonke; futi a si hambi ngemiteto yenkosi: a ku yi sizi nga luto inkosi ukuba i si yeke. **9** Uma ku kuhle enkosini, ma ku lotshwe ukuba si bujiswe: mina ngi ya kukoka ezandhleni zab'enza umsebenzi amatalenta a izinkulungwane ezi ishumi esiliva, ukuba a letwe engcebweni yenkosi. **10** Inkosi ya kumula indandato yayo esandhleni sayo, ya yi nika uHaman ka Hamedata umAgagi, o yimpi ku baJuda. **11** Ya tike inkosi ku Haman, Isiliva li nikwa wena, nesizwe futi, ukuba wenze kuso okuhle emehlweni ako.

12 Kwa se ku bizwa ababhali benkosi ngenyanga yokuqala, ngosuku lweshumi nantatu lwayo; kwa lotshwa njengako konke akuyalayo uHaman kubo bonke otulasizwe benkosi, na ku babusi aba pata amazwe ngamazwe, na kuzo izikulu zezizwe ngezizwe, emazweni ngamazwe njengokuloba kwawo, na sezizweni ngezizwe njengolimi lwazo; egameni lenkosi uAhashwerosi kwa bhalwa, kwa namateliswa ngopau lwendandato yenkosi. **13** Izincwadi za tunywa ngesandhla sezigijimi emazweni onke enkosi, ukuba ku sha-

Digitized by Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Incwadi yokufa. UMordekayi u tuma uEstere ukubatayizela.

balaliswe, ku bulawe, ku bujiswe abaJuda bonke, abasha nabadala, izingane nesifazana, ngosuku lunye, olweshumi nantatu lwenyanga yeshumi nambili, e inyanga uAdare, ku tatwe impahla yabo i be impango. **14** Impinda yokulotshiweyo, ukuba isimemezelo s'aziswe emazweni onke, ya kishelwa ezizweni zonke, ukuba zi lungele lolo suku. **15** Izigijimi za puma zi nonopiswa izwi lenkosi, isimemezelo s'aziswa eShushan komkulu. Inkosi noHaman ba hlala ba puza; kodwa umuzi wa seShushan wa u kingekile.

4 Kwat'uba uMordekayi azi konke okwenziweyo, uMordekayi wa hxebula izingubo zake, w'ambata indwangu yamasaka nomlota, wa pumela pakati kwomuzi, wa kala ngokukala okukulu oku nomunyu; **2** wa fika na ngapambi kwesango lenkosi: ngoba kwa ku nga ngeni muntu pakati kwesango lenkosi embete indwangu yamasaka. **3** Emazweni onke, lapa izwi lenkosi nesimemezelo sayo si fike kona, kwa ba kona ukudabuka okukulu pakati kwabaJuda, nokuzila ukudhla, nokukala, nokulila; abaningi ba z'endhlalela indwangu yamasaka nomlota.

4 Izintombi zi ka Estere nabatenwa bake b'eza ba m tshela; inkosikazi ya i si yobayoba kakulu: ya tuma ku Mordekayi izingubo zokumgqokisa, nokususa indwangu yamasaka kuye; kodwa a ka z'amkelanga. **5** UEstere wa s'e biza uHataki, omunye wabatenwa benkosi, eya i m mise ukuba a m konze, wa yala ukuba a ye ku Mordekayi, ezwe ukuba yini, kwenze njani? **6** UHataki wa pumelake ku Mordekayi esigcawini somuzi, esa si pambi kwesango lenkosi. **7** UMordekayi wa m tshela konke okumehleleyo, nobungako bemali uHaman a tembise ukuyitela engcebweni yenkosi ngabaJuda, ukuba ba bujiswe. **8** Wa m nika futi impinda yombhalo wesimemezelo esi puma eShushan ukuba ba shabalaliswe, ukuba a yi bonise uEstere, a m tshele ngayo, a m yale ukuba a ngene enkosini, a nxuse kuyo, a ba celele abantu ba kubo pambi kwayo.

9 UHataki w'eza, wa tshela uEstere amazwi ka Mordekayi. **10** UEstere wa s'e kuluma ku Hataki wa m yalela ku Mordekayi e ti: **11** Izinceku zonke zenkosi, nabantu bamazwe enkosi ba y'azi, ukuba o ngena enkosini endhlini e pakati, owesilisa noma owesifazana, e nga bizwanga iyo, ku kona umteto munye ngaye, wokuti a ka bulawe, kupela lowo inkosi e m elulela intonga yegolide, ukuba a sinde: kepa mina a ngi zanga ngi bizwe ukuba ngi ngene enkosini nga lezi zinsuku ezi mashumi matatu. **12** Ba m tshelake uMordekayi amazwi ka Estere.

13 UMordekayi wa s'e ti ma ba buyisele impendulo ku Estere, ba ti, U nga cabangi enhliziyweni yako ukuti u ya kusinda endhlini yenkosi kunabaJuda bonke. **14** Ngokuba uma u tula du nga lesi sikati, ukukululwa nokwopulwa ko velela abaJuda kwenye indawo, wenake nendhlu ka yihlo ni bube: kwazi ubani ukuba u ngene ebukosini nje u zele isikati esinje na? **15** UEstere wa s'e ti, ma ba buyisele impendulo ku Mordekayi, **16** wa ti, Hambani, ni ye ni bute abaJuda bonke aba kona eShushan, ni zile ukudhla ngenxa yami, ni nga dhli ni nga puzi izinsuku ezintatu, ubusuku nemini: nami nezintombi zami si ya kuzila kanjalo; ngakoke ngi ya kungena enkosini, oku nge ngomteto; uma ngi buba, ngi ya kububa. **17** Wa hambake uMordekayi w'enza konke uEstere a be m yale ngako.

5 Kwa ti ke ngosuku lwesitatu, uEstere w'ambata ingubo yobukosi w'ema egcekeni eli pakati lendhlu yenkosi, malungana nendhlu yenkosi: inkosi ya i hlezi esihlalweni sayo sobukosi endhlini yobukosi, malungana nomnyango wendhlu. **2** Kwa t'ubake, inkosi i bone uEstere inkosikazi e mi egcekeni, wa ba nesasasa kuyo; inkosi ya m elulela uEstere intonga yegolide eya i sesandhleni sayo. UEstere wa sondelake, wa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

tinta isihloko sentonga. 3 Inkosi ya se i ti kuye, U babalani, nkosikazi Estere na? u funa ntoni na? u ya kunikwa nokuba yinxenye yombuso. 4 Wa ti uEstere, Uma ku kuhle enkosini, inkosi ma i ze noHaman namhlanje edilini engi yi lungisele lona.

5 Ya ti inkosi, M sheshiseni uHaman ukuba kwenziwe njengezwi li ka Estere. Inkosi noHaman ba ya ke edilini uEstere a be li lungisile. 6 Inkosi ya ti ku Estere edilini lewayini, Si yini isicelo sako? U ya kusipiwa; intoni oyifunayo na? Ku ze ku be senxenyeni yombuso ku ya kwenziwa. 7 Wa s'e pendula uEstere, wa ti, Isicelo sami nengikufunayo yiloku ukuti: 8 uma ngi nesasasa enkosini, uma ku kuhle enkosini ukunginika isicelo sami, nokwenza engikufunayo, inkosi ma i ze noHaman edilini engi ya kubenzela lona, ngi ya kwenza ngomso njengokusho kwenkosi.

9 UHaman wa s'e puma nga lolo suku e tokoza enamile enhliziyweni: kodwa lapo uHaman e bona uMordekayi e sesangweni lenkosi, e nga sukumi e nga ti diki ngaye, uHaman wa s'e gcwala ukufuteka ngoMordekayi. 10 Noko uHaman wa zibamba, wa goduka; wa tuma wa landa izihlobo zake noZereshe umkake. 11 UHaman wa ba landisa udumo lokuceba kwake, nobuningi babantwana bake, nako konke inkosi e m enze mkulu ngako, nokuba i m pakamisile pezu kwezikulu nezinceku zenkosi. 12 Wa ti futi uHaman, Yebo, uEstere inkosikazi a ka ngenisanga muntu kanye nenkosi edilini a be li lungisile, yimina kupela; na ngomuso futi ngi menyiwe uye kanye nenkosi. 13 Noko konke loku a ku ngi sizi nga luto, nxa ngi loku ngi bona uMordekayi umJuda e hlezi esangweni lenkosi. 14 UZereshe umkake nazo zonke izihlobo zake ba se be ti kuye, Ma kwenziwe umuti ukupakama kwawo ku be izingalo ezi ngamashumi a isihlanu, kusasa u kulume enkosini ukuba uMordekayi a panyekwe kuwo: u b'u su ngena ngokutokoza kanye nenkosi edilini. Leyo nto ya ba nhle ku Haman; w'enziwake lowo muti.

6 Nga lobo busuku inkosi ya putelwa ubutongo; ya ti ma ku letwe incwadi yezikumbuzelo zezindaba zemihla ngemihla, za fundwa pambi kwenkosi. 2 Ngakoke kwa funyanwa ku lotshiwe ukuti uMordekayi wa bika ngoBigetan noTereshe, abatenwa ababili benkosi, kwabalind'umnyango, aba funa ukuyisa izandhla enkosini uAhashwerosi. 3 Inkosi ya ti, UMordekayi wenzelwa ukutuswa kuni nobukulu buni ngenxa ya loku na? Izinceku zenkosi eza zi yi konza za se zi ti, A k'enzelwanga luto. 4 Ya ti inkosi, Ubani o kona egcekeni na? UHaman wa e se ngenile egcekeni eli ngapandhle lendhlu yenkosi, ukukuluma enkosini ukuba ku panyekwe uMordekayi emtini a be m lungisele wona. 5 Izinceku zenkosi za ti kuye, Nangu uHaman e mi egcekeni. Ya ti inkosi, Ma ka ngene. 6 Wa ngenake uHaman. Ya ti inkosi kuye, Konje nga kwenziwa ntoni ku lo muntu inkosi e tanda ukumtusa na? Poke uHaman wa ti enhliziyweni yake, U mupi umuntu inkosi e tanda ukumtusa kunami? 7 UHaman wa ti ke enkosini, Umuntu inkosi e tanda ukumtusa, 8 ma ku letwe isambato sobukosi esi kade si fakwe inkosi, nehashi inkosi e kwela kulo, oku fakwa ekanda lalo umqele wobukosi: 9 ma ku bekwe lesi sambato na leli hashi esandhleni somuntu o isikulu esi isidukwana senkosi, kwambatiswe lowo muntu inkosi e tanda ukumtusa, a gibeliswe ehashini esigcawini somuzi, ku menyezelwe pambi kwake ngokuti, Ku ya kwenziwa kanje ku muntu inkosi e tanda ukumtusa.

10 Inkosi ya se i ti ku Haman, Shesha, u tate isambato nehashi, njengokusho kwako, w'enze njalo ku Mordekayi umJuda, o hlezi esangweni lenkosi: ma ku nga puti na linye izwi kuko konke okukulumileyo. 11 UHaman wa s'e tabata isambato ne-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

hashi, w'ambatisa uMordekayi, wa m gibelisa ehashini esigcawini somuzi, wa memeza ngapambi kwake ukuti, Ku ya kwenziwa kanje ku muntu inkosi e tanda ukumtusa. 12 U-Mordekayi wa s'e buyela esangweni lenkosi. Kodwa uHaman wa nonopa wa ya endhlini yake, e dabukile e gubuzele ikanda. 13 UHaman wa landisa uZereshe umkake nezihlobo zonke zake konke okumehleleyo. Ba se be ti kuye abahlakanipileyo bake noZereshe umkake, Uma uMordekayi, e ngowenzalo yabaJuda o su qale ukuwa ngapambi kwake, a u soze wa m ahlula, u ya kuwa nokuwa pambi kwake. 14 Ku te be sa kuluma naye, kwa fika abatenwa benkosi, ba m tatazelisa uHaman ukuya edilini uEstere a be li lungisile.

7 Inkosi noHaman ba ya ke edilini noEstere inkosikazi. 2 Ya buya inkosi ya ti ku Estere ngomhla wesibili edilini lewayini, Si yini isicelo sako, nkosikazi Estere? U ya kusipiwa: intoni oyifunayo na? ku ze ku be senxenyeni yombuso ku ya kwenziwa. 3 UEstere inkosikazi wa s'e pendula wa ti, Uma ngi nesasasa kuwe, nkosi, uma ku kuhle enkosini, ma ngi piwe ukupila kwami ngesicelo sami, nabantu bakiti ngokukuleka kwami: 4 ngokuba ku tengisiwe ngati, mina nabantu ba kiti, ukuba si shabalaliswe, si bulawe, si bube. Kodwa uma be si tengisiwe ukuba si be izigqili nezigqilikazi nga ku be ngi ya tula, noko oyimpi kiti u be ngeke elape ukulimala kwokwenkosi. 5 Ya se i kuluma inkosi uAhashwerosi ku Estere inkosikazi, ya ti, Ubani yena, upi na, o lokota enhliziyweni yake ukwenze njalo na? 6 UEstere wa ti, Oyimpi no isita uHaman omubi nangu. Wa s'e twetwezela uHaman ngapambi kwenkosi nenkosikazi. 7 Ya se i suka inkosi ekufutekeni kwayo edilini lewayini ya ya ensimini yendhlu yobukosi: w'esukake uHaman ukucela ukupila kwake ku Estere inkosikazi; ngokuba wa bona ukuti ku hloswe ububi ngaye yinkosi. 8 Ya se i buya inkosi ensimini yendhlu yobukosi y'eza endhlini yedili lewayini; uHaman wa e wele ku sofa lapa e kona uEstere. Ya se i ti inkosi, Kanti u za kupoqa nenkosikazi pambi kwami endhlini na? Li sa puma izwi emlonyeni wenkosi, ba m gubuzela uHaman ubuso. 9 Wa s'e ti uHarbona, omunye wabatenwa aba be pambi kwenkosi, Nankuya umuti o pakeme izingalo ezi ngamashumi a yisihlanu, uHaman a be w'enzele uMordekayi, owa kulumela inkosi okuhle, u mi endhlini ka Haman. Ya se i ti inkosi, M panyekeni kuwo. 10 Ba m panyekake uHaman emtini a be w'enzele uMordekayi. Ukufuteka kwenkosi kwa se ku bohla.

8 Nga lolo suku uAhashwerosi inkosi wa nika uEstere inkosikazi indhlu ka Haman oyimpi ku baJuda. UMordekayi wa ya pambi kwenkosi; ngokuba uEstere wa e se yi tshelile ukuba u yini naye. 2 Inkosi ya kumula indandato e be i yi suse ku Haman, ya yi nika uMordekayi. UEstere wa misa uMordekayi a bonise indhlu ka Haman.

3 UEstere wa buya wa kuluma futi pambi kwenkosi, wa wa pansi ezinyaweni zayo, wa yi nxusa e kala ukuba i suse ububi bu ka Haman umAgagi, necebo lake a li cebe ngabaJuda. 4 Inkosi ya se i m elulela uEstere intonga yegolide. UEstere wa sukumake, w'ema ngapambi kwenkosi. 5 Wa ti, Uma ku kuhle enkosini, uma ngi nesasasa kuyo, le nto i hlaba umxwele inkosi, nami ngi lungile emehlweni ayo, ma ku bhalwe ukuba zi guqulwe izincwadi eza qanjwa uHaman ka Hamedata umAgagi, a zi bhala ukuba ku bujiswe abaJuda aba semazweni onke enkosi: 6 ngoba ngi nga buka kanjani ububi obu ya kufikela abantu bakiti na? ngi nga buka kanjani ukubujiswa kwengi zalana nabo na? 7 Ya se i ti inkosi uAhashwerosi ku Estere inkosikazi na ku Mordekayi umJuda, Bhekani, ngi nike uEstere indhlu ka Haman, se be m panyekile yena emtini, ngokuba wa yisa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku vunyelwa abaJuda ukuba ba zimele. Ba bulala izita zabo.

isandhla sake ku baJuda. 8 Bhalelani nina abaJuda, njengokuhle emehlweni enu, egameni lenkosi, ni yi namatelise ngopau lwendandato yenkosi, ngokuba umbhalo o bhalwe egameni lenkosi, u namateliswe ngopau lwendandato yenkosi, a u na kuguqulwa muntu.

9 Kwa se ku bizwa ababhali benkosi nga leso sikati, ngenyanga yesitatu, inyanga e nguSivan, ngosuku lwamashumi amabili nantatu lwayo; kwa bhalwa njengako konke uMordekayi akuyalayo ku baJuda, na kotulasizwe, na ku babusi na sezikulwini zamazwe a sukela eIndiya ku ze ku fike eEtiyopiya, amazwe a ikulu namashumi amabili nesikombisa, emazweni ngamazwe njengokuloba kwawo, na sesizweni ngesizwe njengolimi lwaso, na ku baJuda njengokuloba kwabo, njengolimi lwa kubo. 10 Wa bhala egameni lenkosi uAhashwerosi, wa ku namatelisa ngopau lwendandato yenkosi, wa tuma izincwadi ngesandhla sezigijimi ezi kwele emahashini, ezi gibela izilwane ezi nejubane ezi setshenziswa emisebenzini yenkosi, ezetunga la komkulu: 11 zokuti inkosi i ya nika abaJuda aba semizini ngemizi ukuba ba butane, ba zimele, ba shabalalise, ba bulale, ba bubise, yonke impi yabantu nezwe elibahlaselayo, izingane kanye nesifazana, ba tate impahla yabo i be impango, 12 ngosuku lunye emazweni onke enkosi uAhashwerosi, ngosuku lweshumi nantatu lwenyanga yeshumi nambili, inyanga e nguAdare. 13 Impinda yombhalo, wokuba isimemezelo s'enziwe emazweni ngamazwe, ya vezwa kuzo zonke izizwe, kwa tiwa abaJuda ma ba lungele lolo suku ba zipindisele eziteni zabo. 14 Za pumake izigijimi eza zi gibele izilwane ezi nejubane eza zi setshenziswa emisebenzini yenkosi zi tatazeliswa zi nonopiswa izwi lenkosi; isimemezelo s'enziwa eShushan komkulu.

15 UMordekayi wa puma pambi kwenkosi embete isambato sobukosi esi nobuluhlaza nobumhlope, nomqele omkulu wegolide, nengubo yelineni elicolekileyo nokububende: umuzi iShushan wa ntontoloza wa tokoza. 16 AbaJuda ba be nokukanya nokutokoza, nokujabula nokutuseka. 17 Emazweni onke ngamanye, na semizini yonke ngaminye, lapo izwi lenkosi nesimemezelo sayo sa fika kona, abaJuda ba ba nokutokoza nokujabula, nedili nosuku oluhle. Abaningi pakati kwezizwe zomhlaba ba penduka abaJuda; ngokuba b'ehlelwa uvalo ngabaJuda.

9 Ngenyanga yeshumi nambilike e inyanga uAdare, ngosuku lweshumi nantatu lwayo, lapa kwa se ku sondele ukuba kwenziwe izwi lenkosi nesimemezelo sayo, ngosuku izita zabaJuda eza z'etemba ngalo ukuba zi cacaze pezu kwabo (noko kwa guqulwa, ngangoba abaJuda ba cacaza pezu kwababazondayo), 2 abaJuda ba butana emizini yonke yabo emazweni onke enkosi uAhashwerosi, ukuba ba yise isandhla ku labo aba funa ukubalimaza: a ku bangako muntu o namandhla okuma pambi kwabo; ngokuba izizwe zonke z'ehlelwa uvalo ngabo. 3 Izikulu zonke zamazwe, na otulasizwe nababusi, naba sebenza umsebenzi wenkosi, ba siza abaJuda; ngokuba ba b'ehlelwa uvalo ngoMordekayi. 4 Ngoba uMordekayi wa e mkulu endhlini yenkosi, udumo lwake lwa hamba emazweni onke; ngokuba lo muntu uMordekayi wa ya ngokukula njalo. 5 AbaJuda ba genca zonke izita zabo ngokugenca kwenkemba, ba zi bulala ba zi bubisa, b'enza njengokutanda kwabo kwababazondayo. 6 EShushan komkulu abaJuda ba bulala ba bubisa abantu aba ngamakulu a isihlanu. 7 NoParshandata, noDalefon, noAspata, 8 noPorata, noAdaliya, noAridata, 9 noParmashta, noArisayi, noAridayi, noVayizata, 10 amadodana a yishumi ka Haman ka Hamedata, oyimpi ku baJuda, ba wa bulala; kodwa a ba yisanga isandhla empangweni.

11 Nga lolo suku kwa yiswa pambi

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kwenkosi umumo wa labo aba be bulewe eShushan komkulu. 12 Inkosi ya ti ku Estere inkosikazi, AbaJuda ba bulele ba bubisa eShushan komkulu abantu aba ngamakulu a yisihlanu, kanye namadodana a ishumi ka Haman; kazi b'enzeni emazweni amanye enkosi na. Isicelo sako si yini na? u ya kusipiwa: u sa funa ntoni na? i ya kwenziwa. 13 Wa s'e ti uEstere, uma ku kuhle enkosini, ma ku piwe abaJuda aba kona eShushan ukuba b'enze ngomso futi njengesimemezelo sa namhla, amadodana a ishumi ka Haman ma ka panyekwe emtini. 14 Inkosi ya ti ma kwenziwe kanjalo: kwa pumake isimemezelo eShushan; kwa panyekwa amadodana ka Haman a yishumi. 15 AbaJuda aba be seShushan ba butana ngosuku lweshumi nane lwenyanga uAdare, ba bulala abantu aba ngamakulu amatatu eShushan; kodwa a ba yisanga isandhla empangweni. 16 Abanye abaJuda aba be semazweni enkosi ba butana, ba zimela, ba pumula eziteni zabo, ba bulala ababazondayo aba izinkulungwane ezi ngamashumi a yisikombisa nesihlanu; kodwa a ba yisanga isandhla empangweni.

17 Loku kw'enziwa ngosuku lweshumi nantatu lwenyanga uAdare; ngosuku lweshumi nane lwayo ba pumula, ba lwenza lu be usuku lwedili nolokutokoza. 18 Kodwa abaJuda aba be seShushan ba butana ngolweshumi nantatu lwayo na ngolweshumi nane lwayo; ngolweshumi nesihlanu ba pumula, ba lwenza lu be usuku lwedili nolokutokoza. 19 Ngakoke abaJuda aba semizaneni, abakileyo emizini e nge na zingange, b'enza usuku lweshumi nane lwenyanga uAdare lu be usuku lokutokoza nolwedili, nosuku oluhle, nolokutumelana izabelo.

20 UMordekayi wa bhala lezi zinto, wa tuma izincwadi ku baJuda bonke aba be semazweni onke enkosi uAhashwerosi, aba seduze naba kude, 21 ukubamisela loku ukuba ba gcine usuku lweshumi nane lwenyanga uAdare nolweshumi nesihlanu lwayo, iminyaka ngeminyaka, 22 njengezinsuku abaJuda aba pumula ngazo eziteni zabo, nenyanga eya guqulwa kubo osizini ya ba eyokutokoza, na sekulileni lu be usuku oluhle; ukuba ba z'enze zi be izinsuku zedili nokutokoza, nezokutumelana izabelo, nezipo kwabampofu. 23 AbaJuda ba vuma ukukwenza loku aba be se be ku qalile, na njengako uMordekayi a e ku bhalele kubo; 24 ngokuba uHaman ka Hamedata, umAgagi, oyimpi kubo bonke abaJuda, e b'enze amacebo ngabaJuda ukubabubisa, e b'enze iPuri oku inkato, ukubasizila, nokubabubisa; 25 kepa se i fikile enkosini le ndaba, ya yala ngezincwadi ukuba lelo cebo lake elibi, a e li cebile ngabaJuda, li buyiselwe pezu kwekanda lake, nokuba yena namadodana ake ba panyekwe emtini.

26 Ngakoke ba biza lezo zinsuku ngokuti iPurim, njengegama iPuri. Ngakoke ngenxa yawo onke amazwi a le ncwadi, na ngenxa ya loko aba be ku bone nga le ndaba, na loko okwa ku b'ehlele, 27 abaJuda ba misa, ba zitabatela bona, nenzalo yabo, nabo bonke aba zihlanganisa nabo, ukuze ku nga puti, okokuba ba zo gcina lezi zinsuku ezimbili njengokubhalwa kwazo, na njengesikati esimisiweyo sazo, iminyaka yonke; 28 nokuba lezi zinsuku zi kunjulwe zi gcinwe ezizukulwaneni zonke, emindenini ngemindeni, emazweni ngamazwe, na semizini ngemizi; nokuba lezi zinsuku zePurim zi nga puti pakati kwabaJuda, nokukunjulwa kwazo ku nga peli enzalweni yabo.

29 UEstere inkosikazi, indodakazi ka Abihayili, noMordekayi umJuda, ba se be loba ngesiqolo sonke ukuba ku qiniswe le ncwadi yesibili yePurim. 30 Wa tuma izincwadi ku baJuda bonke, emazweni a ikulu namashumi amabili nesikombisa ombuso ka Ahashwerosi, zi namazwi okutula neqiniso, 31 ukuba ku qiniswe lezi zinsuku zePurim ezikatini zazo ezimisiweyo, njengokuba

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ubukulu bu ka Mordekayi.

uMordekayi umJuda noEstere inkosikazi ba be ba misele, na njengokuba ba be zimisele bona nenzalo yabo, ngendaba yokuzila ukudhla neyokukala kwabo. 32 Umyalo ka Estere wa qinisa lezi zindaba zePurim; kwa lotshwa encwadini.

10 Inkosi uAhashwerosi ya telisa izwe, neziqingi zolwandhle. 2 Izenzo zonke zesiqolo sake nobuqwaga bake, nokwenekwa kwendaba yobukulu bu ka Mordekayi, inkosi eya m enza mkulu ngabo, angiti ku lotshiwe encwadini yezindaba zemihla ngemihla yamakosi a seMediya na sePersiya? 3 Ngokuba uMordekayi umJuda wa e ngowelama inkosi uAhashwerosi, e mkulu ku baJuda, e kola iningi labafo wabo, e funela abantu ba kubo okuhle, e kuluma ukutula kuyo yonke inzalo ya kubo.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

INCWADI KA

JOBE

UJobe olungileyo. USatane u vunyelwa ukumlinga. U ya hlupeka.

1 Kwa ku kona umuntu ezweni la kwa Uze, o gama lake la li nguJobe; lowo muntu wa e ngopeleleyo oqoto, omesabayo uNkulunkulu, e gwema kokubi. 2 Kwa zalwa uye amadodana a isikombisa namadodakazi amatatu. 3 Imfuyo yake ya i izimvu ezi izinkulungwane ezi isikombisa, namakamelo a izinkulungwane ezintatu, na ombangqa bezinkabi aba ngamakulu a isihlanu, nezimbongolo zezinsikazi ezi ngamakulu a isihlanu, nabomuzi abaningi kakulu; lo muntu wa e mkulu kunabo bonke aba sempumalanga. 4 Amadodana ake a ya kwenza idili ezindhlini zawo kwa yileyo ngosuku lwayo; a tuma a mema odade wabo abatatu ukuba ba dhle ba puze nawo. 5 Kwa t'ubake zi dhlule izinsuku zedili lawo, uJobe wa tuma wa wa ngcwelisa, wa vuka ekuseni, wa nikela iminikelo eshiswayo njengomumo wawo onke: ngoba uJobe wa ti, Ku nga be amadodana ami onile, a m tukile uNkulunkulu ezinhliziyweni zawo. W'enza kanjeke uJobe imihla yonke.

6 Kwa ti ngosuku amadodana ka Nkulunkulu a fika ngalo ukuma pambi ku ka Jehova, naye uSatane wa fika pakati kwawo. 7 Wa ti uJehova ku Satane, U velapi na? USatane wa m pendula uJehova, wa ti, Kade ngi kenketa emhlabeni, ngi hambahamba pakati kwawo. 8 UJehova wa ti ku Satane, Kazi u m qondile kambe uJobe inceku yami na? a muko o fana naye emhlabeni, umuntu opeleleyo, oqoto, omesabayo uNkulunkulu, o gwema kokubi. 9 USatane wa s'e pendula uJehova wa ti, Imbala, uJobe u ya m esaba uNkulunkulu ngeze na? 10 Inganti u m biyele ngotango, yena nendhlu yake, nako konke a nako, inxa zonke na? u busisile umsebenzi wezandhla zake, imfuyo yake se y'andile ezweni. 11 A ke u s'elule isandhla sako nje, u tinte konke a nako u se ya kukutuka emehlweni. 12 UJehova wa ti ku Satane, Bheka konke a nako ku sesandhleni sako; kodwa ku yena uqobo lwake u nga yisi isandhla sako. USatane wa pumake pambi ku ka Jehova.

13 Kwa ti ngosuku olutile amadodana ake kanye namadodakazi ake a be e dhla e puza iwayini endhlini yomne wabo omkulu, 14 kwa fika isigijimi ku Jobe sa ti, izinkabi be zi lima, izimbongolo zi hxabile nga seceleni kwazo; 15 amaSheba a teleka, a zi tumba: yebo, a bulele abafana ngobukali benkemba; yimina kupela ngedwa osindileyo ngi ze ukukutshela. 16 E sa kuluma lo, kwa fika omunye futi, wa ti, Umlilo ka Nkulunkulu u we ezulwini, wa shisa izimvu nabafana wa qotula konke; yimina kupela ngedwa osindileyo ngi ze ukukutshela. 17 E sa kuluma lo, kwa fika omunye futi, wa ti, AmaKaldi a misa izigaba ezintatu, a dumela amakamelo, a wa tumba, yebo, a bulele abafana ngobukali benkemba; yimina kupela ngedwa osindileyo ngi ze ukukutshela. 18 E sa kuluma lo, kwa fika omunye futi, wa ti, Amadodana ako namadodakazi ako a be e dhla e puza iwayini endhlini yomne wabo omkulu; 19 bheka, kwa fika umoya omkulu o vela ehlane, wa shaya amagumbi omane endhlu, ya wa pezu kwezinsizwa, se zi file; yimina kupela ngedwa osindileyo ngi ze ukukutshela.

20 Wa s'e suka uJobe, wa hxebula ingubo yake, wa pucula ikanda lake, wa ti mbo emhlabatini, wa kuleka; 21 wa ti, Nga puma ngize esiswini si ka mame, ngo buyela kona ngize: uJehova wa pa, uJehova u tatile; ma li bongwe igama li ka Jehova.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U shaywa ngamatumba. Izihlobo zake. U lilela ukuzalwa kwake.

22 Ngako konke loku uJobe a k'onanga, a ka m telanga uNkulunkulu ubuwula.

2 Kwa ti futi ngosuku amadodana ka Nkulunkulu a fika ngalo ukuma pambi ku ka Jehova, uSatane naye wa fika pakati kwawo ukuma pambi ku ka Jehova. 2 Wa ti ke uJehova ku Satane, U velapi na? USatane wa m pendula uJehova wa ti, Kade ngi kenketa emhlabeni, ngi hambahamba pakati kwawo. 3 UJehova wa ti ku Satane, Kazi u m qondile kambe uJobe inceku yami na? a muko o fana naye emhlabeni, umuntu opeleleyo, oqoto, omesabayo uNkulunkulu, o gwema kokubi: u sa qina ekupeleleni kwake, noma wena u ngi vusile, ukuba ngi m gwinyele ize. 4 USatane wa m pendula uJehova, wa ti, Isikumba ngesikumba, yebo, umuntu wo nika konke a nako ngenxa yekanda lake. 5 A ke u s'elule isandhla sako nje, u tinte itambo lake nenyama yake, u ya kukutuka emehlweni. 6 UJehova wa ti ku Satane, Nangoke, u sesandhleni sako; u z'u nga m bulali kodwa.

7 Wa pumake uSatane pambi ku ka Jehova, wa shaya uJobe ngamatumba amabi ku suka onyaweni lwake ku ze ku be sokakayini lwake. 8 Wa tata udengezi ukuzonwaya ngalo; wa hlala emloteni. 9 Wa ti umkake kuye, U sa gomotele yini ekupeleleni kwako na? m tuke uNkulunkulu, u fe. 10 Wa s'e ti kuye, U kulumisa okomunye wabesifazana aba iziwula. Mamo! si ya kwamkela esandhleni si ka Nkulunkulu okuhle, si ng'amkeli nokubi na? Ngako konke loko uJobe a k'onanga ngomlomo wake.

11 Kwa t'uba abangane abatatu ba ka Jobe b'ezwe ngobubi bonke obumehleleyo, b'eza ilowo e vela kubo; uElifazi, umTeman, noBiledade umShuwa, noZofare umNaman; ba nqumelana ukuya komkalela nokumkuza. 12 Kwa t'uba ba pakamise amehlo abo be se kude be nga sa m azi, ba dazuluka ba kala; ba hxebula kwa ilowo ingubo yake, ba zitela amakanda ngotuli, be lu ponsa pezulu. 13 Ba hlala pansi naye emhlabatini izimini ezi isikombisa nobusuku obu isikombisa, ku ngeko owa ti nda: ngoba ba bona ukuti ubuhlungu bake bu kulu kakulu.

3 Ngasemva kwa loko uJobe wa vula umlomo wake, wa qalekisa usuku lwake. 2 UJobe wa pendula wa ti:

3 Ma i bube imini enga zalwa ngayo,
Nobusuku oba ti, Ku kona o kulelwe umntwana wesilisa.
4 Leyo mini ma i be ubumnyama;
UNkulunkulu e pezulu, ma ka nga yi naki
Ukukanya ma ku nga yi kanyisi.
5 Ubumnyama netunzi lokufa ma ku yi hlenge;
Ifu ma li hlale ku yona;
Konke okwenza imini ubumnyama ma ku yi twetwezelise.
6 Ubumnyama obu isigayegaye ma bu bambe lobo busuku:
Ma bu nga tokozi ezinsukuwini zomnyaka;
Ma bu nga ngeni emumweni wezinyanga.
7 Bheka, lobo busuku ma bu be umputa;
Ma ku ng'ezi ukwenanela ngabo.
8 Ma ba bu qalekise aba qalekisa imini,
Aba lungele ukuhlokoza uLeviyatan.
9 Izinkanyezi zokuswelela kwabo, ma zi be mnyama:
Ma bu bheke ukukanya, ku nga biko;
Ma bu nga boni imitende yokusa:
10 Ngokuba bu nga valanga iminyango yesisu si ka mame,
'Bu nga sitelisanga usizi emehlweni ami.
11 Yini ukuba ngi nga fanga esizalweni?
Yini ukuba ngi nga gqabukanga ekupumeni kwami esiswini?
12 Amatanga a ng'amkelelani na?
Namabele ukuba ngi ncele na?

Digitized by Google Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku kuluma uElifazi ngokulunga ku ka Nkulunkulu nobuze babantu.

13 Ngoba kaloku nga ku be ngi lele ngi zolile:
Nga 'ku be ngi lele ubutongo; nga ku be ngi ya pumula,
14 Namakosi nompakati womhlaba,
A zakela izindawo ezicitekeleyo;
15 Nokuba nezikulu ezi negolide,
Ezi gcwalise izindhlu zazo ngesiliva:
16 Mhlaumbe nga ku be a ngiko njengokupupumileyo okutukusiweyo,
Njengezingane ezi nga zanga zi ku bone ukukanya.
17 Lapo, amashinga a yeka ukuyaluza;
Lapo, abakateleyo ba ya pumula,
18 Lapo, iziboshwa zi ya tabaya ndawonye;
Ka zi zwa izwi labazihxamelayo.
19 Abancane nabakulu ba kona:
Isigqili si kululekile enkosini yaso.

20 O nosizi u nikelwani ukukanya na,
Aba nompefumulo o nomunyu ba nikelwani ukupila;
21 Aba hlalela ukufa, ku nga fiki;
Ba ku mba kunengcebo etukusiweyo;
22 Aba tokoza ngokwetaba,
Ba jabule, uma be fumana ituna labo na?
23 Umuntu u nikelwani ukukanya o ndhlela yake i sitekile;
UNkulunkulu ambiyeleyo?
24 Ukugquma kwami ku ya fika ngi nga ka dhli,
Ukububula kwami ku tululwe njengamanzi.
25 Ngoba loku engi novalo ngako ku ngi fikele,
Loku engikwesabayo ku ya fika kimi.
26 A ngi cemezekile, a ngi zolile, a ngi pumulile futi;
Ku fika ukuyaluza.

4 UElifazi umTeman wa pendula, wa ti,
2 Uma ku lingwa ukukulunywa nawe, wo nengwa na?
Kodwa ubani o nga zibamba a nga kulumi na?
3 Bhekake, u ba layile abaningi wena,
Wa qinisa izandhla ezi butakataka.
4 Amazwi ako a m misile yena o be wa,
U simamisile amadolo atebezelayo.
5 Kepa manjeke se ku fikile ku wena, u su diniwe;
Ku ya ku tinta, u ba nokupapateka.
6 Ukumesaba uNkulunkulu a ku silo itemba lako na?
Ukupelela kwezindhlela zako a ku siko o ncike ngako na?
7 A ke u kumbule ukuti ubani owa ke wa buba, e msulwa?
Abaqoto ba nyamalaliselwapi na?
8 Njengengikubonileyo, abalimayo ububi,
Ba hlwanyela ukuhxina, ba vuna kona.
9 Ngokupefumula ku ka Nkulunkulu ba ya buba,
Ngokufuta kwolaka lwake ba ya qedwa.
10 Ukubhonga kwengonyama, nezwi lebubesi elihahayo,
Namazinyo amabhongo, apukile.
11 Ibubesi elidala li ya fa ngokuswela inyamazane,
Amaundhlu ebubesikazi a hlakazekile.

12 Nga nyenyiselwa indaba,
Indhlebe yami y'ezwa ukunyenyezwa kwayo.
13 Ezizindhlweni zemibono yobusuku,
Nxa abantu b'ehlelwa ubutongo obunzima,
14 Nga fikelwa uvalo, nokututumela,
Okwa qaqazelisa amatambo onke ami.
15 Kwa se ku dhlula itongo pambi kwobuso bami;
Kwa vuka uboya bomzimba wami.
16 L'ema, kodwa a nga qonda ukubonakala kwalo;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukuhlala kabi kwababi. Usizo lokujeziswa.

Isimo esitile sa si pambi kwamehlo ami:
Kwa ti kwatalala, ng'ezwa izwi, li ti,
17 Umuntu nje u ya kulunga kunoNkulunkulu na?
Umuntu u ya kuhlambululeka kunoMenzi wake na?
18 Bheka, yena ka kolwa izinceku zake;
Izingelosi zake u zi shaya iziwula:
19 Po kakulu kangakanani aba hlala ezindhlini zebumba,
Aba zisekelo zabo zi sotulini,
Aba cotshozwa pambi kwenundu!
20 Ba gxotshwa kusasa ku ze ku be kusihlwa:
Ba ya buba ku ze ku be nini ku nga naki muntu.
21 Intambo yetente labo a i sishulwa pakati kwabo na?
Ba ya fa be nge na kuhlakanipa.

5 A k'u memeze; u kona yini o ya ya kukupendula?
U ya kupendukela ku mupi kwabangcwele na?
2 Ngokuba ukucunuka ku ya si bulala isipukupuku,
Isikwele si qeda usimukanandwendwe.
3 Ngi si bonile isipukupuku si gxilile:
Kepa nga qalekisa ikaya laso ngokuzuma.
4 Abantwana baso ba kude nokusindiswa,
Ba cotshozwa esangweni,
Ka muko obopulayo:
5 Aba sivuno sabo si dhliwa abalambileyo,
Ba si kipa na semeveni;
Umdhlula u kamisela imfuyo yabo.
6 Ngoba ukuhlupeka a ku veli otulini,
Nokukandhleka a ku hlumi emhlabatini;
7 Umuntu u zalelwa ukukandhleka,
Njengoba izinhlansi zi qashela pezulu.
8 Kodwa mina be ngi za kufuna uNkulunkulu,
Kuye uNkulunkulu ba ngi ya kubeka indaba yami;
9 Yena owenza izinto ezinkulu ezi nge na kuhlolwa,
Imimangaliso e nge na kubalwa:
10 Yena o nisa imvula emhlabeni,
O tuma amanzi emasimini;
11 Ukuze a beke abatobileyo endaweni epakemeyo,
Aba kedamisile ba pakanyiselwe ekusindisweni.
12 U ya shafisa amacebo aba nobuqili,
Ukuze izandhla zabo zi nga bi nako ukufeza umzamo wazo.
13 U ya bamba abahlakanipileyo ebuqilini babo;
Icebo lamaqwengu li ya putuzelwa.
14 Ba ya hlangana nobumnyama emini,
Ba pumputa emini njenga sebusuku.
15 Kepa u ya sindisa enkembeni yomlomo wabo,
Yebo impabanga esandhleni sabaqinileyo.
16 Ba be netembake abampofu,
Ububi bu vale umlomo wabo.

17 Bheka, u busisiwe lo muntu amsolayo uNkulunkulu:
Ngako u nga deleli ukulaywa uSomandhla.
18 Ngokuba yena u ya zwisa ubuhlungu, a buye a bope;
U ya limaza, izandhla zake zi polise.
19 Wo kopula ezinsizini ezi isitupa;
Yebo, na kwezi isikombisa okubi a ku yi kukutinta.
20 Endhlaleni u ya kukuhlenga ekufeni:
Na sempini a ku hlenge emandhleni enkemba.
21 U ya kutukuswa esiswebwini solimi;
Futi a u yi kwesaba okuqotulayo uma ku fika.
22 U ya kuhleka okuqotulayo nokevete;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UJobe u landa ngenhlalo yake embi. U sola amazwi ezihlobo.

A u yi kwesaba izilo zomhlaba.
23 Ngokuba u ya kuba nesivumelwano namatshe a sendhle;
Izilo za sendhle zo hlalisana kahle nawe.
24 U ya kwazi ukuba itente lako li sekutuleni;
U ya kuhambela esibayeni sako u nga silalelwa iluto.
25 Futi wo kwazi ukuba inzalo yako i ya kuba ningi,
Abantwana bako ba be njengotshani bomhlaba.
26 U ya kufika etuneni u pelele ebudaleni,
Njengokuba iqinqa lamabele li ngeniswa ngesikati salo.
27 Bheka loku, se si ku pendhlile, ku njaloke;
Ku zwe, u z'azele kona.

6 Wa s'e pendula uJobe, wa ti,
2 Sengati ukucunuka kwami ku nga linganiswa nokulinganiswa,
Nesisila sami sonke si bekwe esikalweni kanye!
3 Ngokubake be ku za kuba nzima kunesihlabati sa solwandhle:
Ku ngako loko amazwi ami a be ukubuda.
4 Ngoba imicibisholo ka Somandhla i ngene kimi,
Isihlungu sayo si ya puzwa umoya wami:
Izitwetwezeliso zi ka Nkulunkulu zi zihlelela impi ngami.
5 Imbongolo ya sendhle i ke i kale yini lapo i notshani?
Inkomo i ya kala yini ekudhleni kwayo?
6 Oku duma ku nga dhliwa ku nge naye usaoti na?
Ku kona ukuhxabusa kuko okumhlope kweqanda na?
7 Umpefumulo wami u y'ala ukukutinta;
Se zi ukudhla oku idikwe kimi.

8 Sengati ngi nga zuza loku engikucelayo;
Sengati uNkulunkulu a nga ngi pa engikufisayo!
9 Okwokuba uNkulunkulu a nga vuma ukungicoboza:
A dedele isandhla sake, a ngi nqume!
10 Loku ma ku hlale ku be isiduduzo sami,
Yebo, ma ngi ncince ebuhlungwini obungahaukeliyo,
Ngokuba a ngi pikanga amazwi oNgcwele.
11 Amandhla ami a yini ukuba ngi nga ze ngi tembe?
Ukupela kwami ku yini ukuba ngi nga ze ngi bekezele?
12 Amandhla ami a ngamandhla amatshe yini?
Inyama yami yitusi yini na?
13 A ku siko ukuba a luko usizo kimina,
Nokuba ukuhlakanipa ku xoshiwe nya kimi?

14 Yena o se pel'amandhla u fanele ukuhaukelwa isihlobo sake;
Yebo, yena o yeka ukumesaba uSomandhla.
15 Abafo wetu ba mbuluzile njengomnonjana,
Njengomhohoba weminonjana eshayo;
16 E mnyama ngenxa yeqwa,
Lapa ungqoqwane e zisiteza kona:
17 Ngesikati oku fudumala ngaso, i ya nyamalala;
Lapo li balele, i ti kote endaweni yayo.
18 Imiqumo ezindhleleni zayo i ya pambuka;
Y'enyukela kwa hlongasibi i bube.
19 Imiqumo ya kwa Tema ya bheka,
Izindwendwe za kwa Sheba za yi hlalela.
20 Ba jaba ngoba ba be tembile;
Ba fika lapo, ba yangaza.
21 Ngoba kaloku se ni yize nje;
Ni bona okukungatekisayo, ni y'esaba.
22 Ngi shilo yini, ukuti, Ngi peni?
Nokuti, Ngi nikeni isipo emfuyweni yenu na?
23 Nokuti, Ngi hlanguliseni esandhleni soyimpi kimi na?

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U landa ngobunzima bokuhamba kwomuntu. U sola uNkulunkulu.

Nokuti, Ngi hlengeni esandhleni sezidhlangudhlangu na?

24 Ngi fundiseni, kona ngo tula mina;
Ngi qondiseni lapo ng'eduke kona.
25 Yeka ukuhlaba kwamazwi a te ntse!
Kepa ukusola kwenu ku sola ntoni?
26 Ni cabanga ukuti ni ya kusola amazwi yini na?
Loku amazwi a lowo o se delile a njengomoya?
27 Yebo, ni ng'enza inkato ngenkedama,
Ni tengise ngaso isihlobo senu.
28 Manje a ke ni ngi bheke;
Ngoba impela a ngi yi kuqamba amanga emehlweni enu.
29 A ke ni buye, ku nga biko ukungalungi;
Yebo, buyani futi, indaba yami i lungile.
30 Ku kona ukungalungi olimini lwami na?
Ulwanga lwami a lu na kuqonda ububi na?

7 A kuko yini ukunyikanyikeka ku muntu emhlabeni na?
Imihla yake a i njengemihla yoqashiweyo na?
2 Njengesigqili esi kefuzelela umtunzi,
Na njengoqashiweyo o bheka inkokelo yake:
3 Ku njalo mina ng'abelwa izinyanga zosizi,
Ngi miselwe ubusuku bokukandhleka.
4 Ekulaleni kwami ngi ti,
Ngi ya kuvuka nini, ku pele ukuhlwa?
Ngi gcwele ukubukuzeka ku ze ku be uvivi lokusa.
5 Inyama yami yambatiswe izimpetu namagade otuli;
Isikumba sami si ya valeka, si bicike ngokusha.
6 Imihla yami i ya kauleza kunomkombe womaluki,
I ya pela i nge na temba.
7 Kumbula ukuba ukupila kwami ku umoya nje:
Iso lami a li sa yi kubuya li bone okuhle.
8 Iso lake ongibonayo a li sa yi kungibuka;
Amehlo ako a ya kuba kimi, ngi nga biko.
9 Njengefu li pela li muke,
U njaloke o wehlela eSheoli, ka sa yi kwenyuka.
10 Ka sa yi kubuyela endhlini yake,
Indawo yake a i sa yi kumazi.

11 Ngako a ngi yi kunqanda umlomo wami;
Ngi ya kukuluma osizini lomoya wami;
Ngi kalaze ngomunyu wompefumulo wami.
12 Ngi ulwandhle yini, ngi umkomo yini,
Ukuba u ngi bekele abalindi?
13 Nxa ngi ti, umbede wami wo ngi duduza,
Ukuko lwami lo ngi twalisa ukukalaza kwami;
14 U bu su ng'etusa ngamapupo,
U ya ngi twetwezelisa ngemibono:
15 Wa ze umpefumulo wami wa keta ukuhxinywa,
Nokufa kuna lawa matambo ami.
16 Ngi nengwa ukupila kwami; a ngi fisi ukuhlala njalo:
Ngi yeke; ngoba imihla yami i umoya nje.
17 Umuntu u yini na, ukuba u m enze mkulu,
Nokuba u ze u beke inhliziyo yako ku yena,
18 Ukuba u m hambe nga kusasa imihla ngemihla,
U m vivinye izikati zonke?
19 Ko ze ku be nini u nga yeki ukungibheka,
U ngi yeke ngi ze ngi minze ite?
20 Uma ng'onile, ng'enzani kuwe,
Wena mlindi wabantu?
U ngi miseleni ngi be isigcibisholo sako,
Ngi ze ngi be umtwalo kimi.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UBiledade u ti uNkulunkulu u sindisa olungileyo a bubise isoni.

21 Yini ukuba u nga teteleli isipambuko sami, u dhlulise icala lami na?
Ngoba kaloku ngo lala otulini;
Wo ngi funisisa, ngi nga biko.

8 Wa s'e pendula uBiledade umShuwa, wa ti,
2 Ko ze ku be nini u kuluma lezi zinto?
Amazwi omlomo wako e fana nomoya o namandhla?
3 UNkulunkulu u qetula ukwahlulela yini?
USomandhla u ya qetula ukulunga na?
4 Uma abantwana bako b'onile kuye,
Yena wa ba kapela esandhleni sokupambuka kwabo;
5 Uma u funisisa uNulunkulu,
U nxuse kuye uSomandhla;
6 Uma u cwebile, u qoto:
Impela nga e vuka ngenxa yako,
A l'enze ikaya lokulunga kwako li be nenhlanhla.
7 Nokuba ukuqala kwako kwa ku ku ncane,
Noko ekupeleni kwako u ng'anda kakulu.

8 A ke u buze pela, isizukulwane sa pambili,
U copelele ku loko abakuhlolileyo oyise baso
9 (Ngoba tina si ngaba izolo nje, ka s'azi luto,
Ngoba imihla yetu emhlabeni i itunzi nje);
10 Bona a ba yi kukufundisa yini, ba ku tshele,
Ba kipe amazwi enhliziyweni yabo?

11 Ikwani li nga hluma yini ku ngeko ixapozi?
Incema i nga mila e ngeko amanzi na?
12 Uma i se luhlaza, i nga ka piwa,
I buna kuqala kunemishana yonke.
13 I njalo imihambo yabo bonke aba kohlwa uNkulunkulu;
Itemba lesixwala li ya kububa:
14 S'encika ngento e ya kunqamuka,
Si gaba ngento e indhlu yolwembu.
15 Si ya kweyama endhlini yaso, i ng'emi:
Si ya kubambelela kuyo, i nga qini.
16 Sona si luhlaza pambi kwelanga,
Amasaba aso a pumela pezu kwensimu yaso.
17 Izimpande zaso zi ya tandela enqwabeni,
Si ya bheka indawo yamatshe.
18 Uma si gwinywa endaweni yaso,
Konake i ya kusipika, i ti, A ngi zanga ngi ku bone.
19 Bheka, naku ukujabula kwendhlela yaso,
Ku ya kuhluma abanye otulini.
20 Bheka, uNkulunkulu ka soze a m nqaba umuntu opeleleyo,
Futi ka soze a ba bamba ngesandhla ab'enza okubi.
21 U sa ya kugcwalisa umlomo wako ngokuhleka,
Nezindebe zomlomo wako ngokuhlokoma.
22 Bona abakuzondayo ba ya kwambata amahloni;
Itente lamashinga li nga bi li sa bako.

9 Wa s'e pendula uJobe, wa ti,
2 Iqiniso, ngi y'azi ukuti ku njalo:
Kepa umuntu a nga ba olungileyo kanjani ku Nkulunkulu na?
3 Uma nxa enamela ukupikisana naye,
A nge m pendule na kweli lodwa kwa inkulungwane.
4 U hlakanipile enhliziyweni, u qinile emandhleni:
Ubani o ke wa z'enza lukuni nga kuye, wa pumelela na?
5 Yena o gudhluza izintaba, zi ng'azi,
E zi gumbuqela olakeni lwake;
6 O gedezelisa umhlaba u suke endaweni yawo,
Izinsika zawo zi tutumele;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UJobe u ti u bubisa olungileyo nomubi. Ukulunga a ku sizi.

7 O yala ilanga, li nga pumi,
A valele izinkanyezi;
8 O weneka amazulu yedwa,
A nyatele pezu kwamaza olwandhle;
9 O wenza iBere, noNdwenjana, neSilimela,
Namakamelo a seningizimu;
10 O wenza izinto ezinkulu ezi nge na kuhlolwa,
Yebo, imimangaliso e nge na kubalwa.
11 Bheka, u ya dhlula nga kimi, ngi nga m boni:
U ya tshuza, ngi nga m qondi.
12 Bheka, u ya dumela, ubani o nga m kalima?
Ubani o za kuti kuye, Wenzani?

13 UNkulunkulu ka yi kubuyisa ulaka lwake;
Abasizi ba ka Rahabi ba ya fola pansi kwake.
14 Po, mina ngi nga m pendula ngi tini,
Ngi kete amazwi ami okumpendula na?
15 Yena, noma ngi lungile, ngi nge ke nga m pendula;
Be ngi za kunxusa umahluli wami.
16 Uma nxa be ngi bizile, wa sabela,
Noko be ngi nga yi kukolwa ukuba u li bekele indhlebe izwi lami.
17 Ngoba u ya ngi limaza ngomoya wesipepo,
U y'andisa amanxeba ami ngeze.
18 Ka vumi ukuba ngi pefumule,
U ya ngi gcwalisa ngomunyu.
19 Uma ku okwamandhla, nangu o nawo kakulu!
Uma ku okokwahlulela u ti, Ngi ya kumiselwa ubani usuku?
20 Noma ngi lungile, owami umlomo wo ngi lahla:
Noma ngi pelele, u ya kuti ngi xabile.
21 Ngi pelele; a ngi zikataleli;
Ngi ya delela ukupila kwami.
22 Kunye nje; ngakoke ngi ti,
U ya qeda opeleleyo neshinga.
23 Uma isiswebu si bulala ngomhaha,
U ya kuhleka usulu ukulingwa kwaba msulwa.
24 Umhlaba u nikelwe esandhleni samashinga;
U ya sibekela ubuso babahluli bawo:
Uma ku nge siye, po ngubani na?

25 Manje imihla yami i ya kauleza kunesigijimi:
I ya baleka, a i boni okuhle.
26 I ya tshuza njengemikumbi yomhlanga;
Njengokozi olu xula ukudhla.
27 Uma ngi ti, Ngi ya kukohlwa ukukalaza kwami,
Ngi yeke ukunyukumala kwami, ngi ncibilike;
28 Ngi y'esaba bonke ubuhlungu bami,
Ngi y'azi ukuba a u yi kungenza msulwa.
29 Ngi ya kulahlwa;
Po ngi qobekelani na?
30 Uma ngi zigeza ngamanzi ka ngqoqwane,
Ngi hlanzisise izandhla zami;
31 Noko u ya kungicwilisa egebeni,
Izingubo zami zi nengwe imi.
32 Ngoba yena ka siye umuntu njengami, ukuba ngi nga ze ngi m pendule,
Si ye kanyekanye ekwahluleleni.
33 A muko unqamulanqe pakati kwetu,
O nga beka isandhla sake pezu kwetu sobabili.
34 Ma yi suse induku yake kimi,
Ivuso lake ma li nga ngi twetwezelisi:
35 Be ngi ya kukulumake, ngi nga m esabi;
Ngoba a ngi njalo ngokwami.

10 Umpefumulo wami u s'u diniwe ukupila kwami;
Ngi ya kuziyekela ekukalazeni kwami;
Ngi ya kukuluma ngomunyu wompefumulo wami.
2 Ngi ya kuti ku Nkulunkulu, U nga ngi lahli;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U sola ukupatwa kwake kalukuni. UZofare u kuza uJobe.

Ng'azise ukuti u pikisanelani nami.
3 Kuhle yini ku wena ukuba u be nokahlo,
Ukuba u delele isitukutuku sezandhla zako,
U kanye ecebweni lamashinga?
4 U nawo amehlo enyama na?
U ya bona ngokubona kwabantu na?
5 Imihla yako i njengemihla yabantu na?
Iminyaka yako i njengemihla yomuntu na?
6 Loku u buza icala lami,
U funisisa isono sami,
7 Noma wazi ukuti a ngi shingi,
A muko o ng'opula esandhleni sako?
8 Izandhla zako zi ngi cilikishile za ng'enza
Za ng'enza inxa zonke; noko u ya ngi gwinya.
9 A k'u kumbule, ukuba u ng'enzile ngokwebumba;
U ya kungibuyisela otulini na?
10 Angiti u ngi tulule njengobisi,
U ngi jiyisile njengamasi?
11 U ng'embatisile ngesikumba na ngenyama,
U ngi picile ngamatambo nemisipa.
12 U ng'enzele ukupila nesihau;
Ukungihambela kwako ku londile umoya wami.
13 Kanti lezi zinto u zi tukusile enhliziyweni yako;
Ngi y'azi ukuba ku kuwe loku:
14 Uma ng'ona, u ya ngi qapela,
A u yi kungenza msulwa ecaleni lami.
15 Uma ngi shinga, maye mina;
Uma ngi lungile, noko a ngi yi kupakamisa ikanda lami,
Loku ngi gcwele ihlazo,
Ngi buka ukuhlupeka kwami.
16 Uma ikanda lami li pakama, u ya ngi zingela njengengonyama;
U buye u zenze omangalisayo kimi.
17 U ya vuselela ofakazi bako ngami,
U kwandise ukucunuka kwako kimi:
Amabandhla ngamabandhla a dedelana ngami.
18 Po, u ngi kipeleni esiswini?
Nga ngi ya kugqabuka, li nga biko iso elingibonayo.
19 Nga ngi za kuba njengokungati a ngi zanga ngi be kona;
Nga ngi za kuyiswa etuneni ngi sa puma esiswini.
20 Imihla yami a i ingcozana yini? pezake pela,
U ngi yeke, ke ngi hlab'ikefu,
21 Ngi nga ka yi lapo ngi nga sa yi kubuya kona,
Ezweni lobumnyama, neletunzi lokufa;
22 Ezweni lobumnyama obu isigayegaye,
Letunzi lokufa, lengxovangxova,
Lapo ukukanya ku njengobumnyama obu isigayegaye.

11 We s'e pendula uZofare umNaman, wa ti,
2 Nga bu nga pendulwa ubuningi bamazwi na?
Umuntu o iposhoposho nga e tetwa na?
3 Ukupafuza kwako nga ku tulisa abantu na?
Uma u hxoloda, a muko owokukuhlazisa na?
4 Ngokuba u ti, Ku cacile ukufundisa kwami,
Ngi hlanzekile emehlweni ako.
5 Sengati uNkulunkulu a nga kuluma,
A vule umlomo wake ngawe;
6 A ku vezele izimfihlakalo zokuhlakanipa!
Ngokuba ukwazi kwake ku pindapindiwe.
Yazike ukuba uNkulunkulu u bize kuwe okuncane kunokufanele icala lako.
7 Ngokuhlola u nga m fumana uNkulunkulu na?
U nga m fumana uSomandhla, ku ze ku be sekupeleleni kwake na?

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U ti ma ka lahle izono. UJobe u landa ngamandhla ka Nkulunkulu.

8 Ku pakeme njengezulu; u ng'enzani wena na?
Ku julile kuneSheoli, u ng'azini na?
9 Isilinganiso sako side kunomhlaba,
Si banzi kunolwandhle.
10 Uma e dhlula, a valele,
A bizele ekwahluleleni, ubani o nga m kalima na?
11 Ngoba u ya b'azi abantu bamanga:
U ya bona ububi futi, noma e nga bu naki.
12 Kodwa abantu aba iziluluteka a ba na ngqondo,
Abantu ba zalwa njengenkonyana yembongolo ya sendhle.

13 Uma u zinzisa inhliziyo yako,
Welulele izandhla zako kuye;
14 Uma ububi bu sesandhleni sako, bu dedisele kude,
Ma ku nga hlali ukungalungi ematenteni ako.
15 Impelake u ya kupakamisa ubuso bako bu nge na sici;
Yebo, u ya kuqina, u ng'esabi:
16 Ngokuba u ya kukohlwa usizi lwako;
U lu kumbule njengamanzi adhlulileyo.
17 Ukupila kwako ku ya kuqama kunemini enkulu;
Noma ku kona ubumnyama, ku ya kuba njengokusa.
18 U ya kulondeka, ngokuba ku kona itemba;
Yebo, u ya kupendhla u pumule ekulondekeni.
19 U ya kulala, u ng'esatshiswa muntu,
Abaningi ba ya kucebedisa kuwe.
20 Kepa amehlo amashinga a ya kupela,
A ba yi kuba na ndhlela yokubaleka;
Itemba labo lo ba ukupuma kwompefumulo.

12 Wa s'e pendula uJobe, wa ti,
2 Nempela yinina abantu,
Ukuhlakanipa ku ya kufa nani.
3 Kodwa nami ngi nengqondo njengani;
A ng'ahlulwa yinina:
Yebo ubani o nga z'azi izinto ezinje?
4 Ngi njengo isigcono somakelwane wake,
Mina owa biza uNkulunkulu, wa sabela:
Umuntu olungileyo opeleleyo u isigcono.
5 Emcabangweni wotabayayo ku kona ukweyisa o neshwa;
Ku lungele aba zinyawo zabo zi shelelayo.
6 Amatente abapangi a nenhlanhla,
Nabamcunulayo uNkulunkulu ba londekile;
Aba pete unkulunkulu wabo esandhleni sabo.

7 Buzake manje ezilwaneni, zo ku fundisa;
Na sezinyonini zezulu, zo ku tshela:
8 U kulume kuwo umhlaba, u ya kukufundisa;
Nezinhlanzi zolwandhle, zi ya kukubalisela.
9 Ubani ongaziyo kuko konke loku,
Ukuba isandhla si ka Jehova si kwenzile loku?
10 O sesandhleni sake umpefumulo wezinto zonke ezizwayo,
Nomoya wabantu bonke.
11 Indhlebe a i vivinyi amazwi yini,
Njengolwanga lu nambita ukudhla kwalo na?
12 Ezimpungeni ku kona ukuhlakanipa,
Na sebudeni bezinsuku ku kona ukuqonda.

13 Ku Yena ku kona ukuhlakanipa nobuqwaga;
U necebo nokuqonda.
14 Bheka, u ya diliza, ku nga be ku s'akiwa;
U valela umuntu, ku nga be ku sa vulwa.
15 Bheka, u ya vimbela amanzi, a she;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U ti izihlobo zi vikela uNkulunkulu ngokungafanele.

U ya buya a wa tumele, a gumbuqele umhlaba.
16 Ku yena ku kona amandhla nokuhlakanipa;
Umeduswa kanye nomedusi ba ngabake.
17 U y'emukisa umpakati u pangiwe,
U ya gcwanekisa abahluli.
18 U ya tukulula izibopo zamakosi,
U ya wa bopa ezinkalweni zawo ngembonya.
19 U y'emukisa abapristi be pangiwe,
U ya penula izimakade.
20 U ya susa inkulumo yabatembekayo,
U ya wamuka amalunga ukuqaza.
21 U ya tela ukweyiswa pezu kwamakosana,
A tukulule isibamba sesigonyololo.
22 U y'ambula okujulileyo ebumnyameni,
A kipele ekukanyeni itunzi lokufa.
23 U y'andisa izizwe, a zi bubise:
U ya nweba izizwe, a zi tumbe.
24 U ya susa ingqondo yaba izinhloko zabantu bomhlaba,
A ba zulise kwa hlongasibi lapo ku ngeko ndhlela.
25 Ba pumputa ebumnyameni ku ngeko ukukanya;
U ba ya pubazelisa njengesidakwa.

13 Bheka, iso lami li ku bonile konke loku,
Indhlebe yami i ku zwile, i ku qondile.
2 Loko okwaziwa yinina, nami ngi ya kwazi:
A ng'ahlulwa yinina.

3 Impela ngi nga kuluma no-Somandhla,
Ngi fisa ukuqondisana noNkulunkulu.
4 Kepa nina ni ngaba bixa ngamanga;
Ni izinyanga ezi nga sizi luto nonke.
5 Sengati ni nga tula ni ti du!
Loko ku nga ba ukuhlakanipa kwenu.
6 Yizwanike ukuqondisa kwami,
Ni lalele ukuzipikela kwomlomo wami.
7 Ni ya kumkulumela uNkulunkulu ngokungalungile na?
Ni m kulumele ngenkohliso na?
8 Ni ya kumvuna yini?
Ni ya kumpikela uNkulunkulu na?
9 Kuhle yini ukuba a ni pendhle?
Imbala ni nga m kohlisa, njengokuba umuntu e kohliswa na?
10 U ya kunisola nokunisola,
Uma nga sesita ni vuna noma ubani.
11 Ubukosi bake a bu yi kunitwetwezelisa na?
A ni yi kwehlelwa uvalo ngaye na?
12 Izikumbuzo zenu zi iziga zomlota,
Izivikelo zenu zi izivikelo zebumba.

13 Tulani, ni ngi yeke, ukuba ngi kulume:
Ma ng'ehlelwe okungehlelayo.
14 Ngi nga tabatelani inyama yami ngamazinyo ami,
Ngi zidel'amatambo na?
15 Bheka, u ya kungibuiala; a ngetembeli luto:
Noko ngi ya kupikela izindhlela zami pambi kwake.
16 Loku futi ku ya kuba ukusindiswa kwami,
Ukuti isixwala a si na kuza pambi kwake.
17 Yizwani nokuzwa inkulumo yami,
Nokushumayela kwami ma ku be sezindhlebeni zenu.
18 Bhekani manje se ngi hlelile indaba yami;
Ngi y'azi ukuba ngi lungile.
19 Ubani o za kupikisana nami?
Konake be ngi nga tula, ngi gqabuke.

20 Kodwa u ng'enzi izinto ezimbili kimina;
Ngi ze ngi nga casheli ubuso bako:
21 Dedisela kude nami isandhla sako;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U landa ngobutakataka bomuntu. U cela ukuyekwa.

Ivuso lako ma li nga ngi twe-
twezelisi.
22 Bizake, ngi ya kusabela;
Noma ku kulume mina, u ngi
pendule.
23 Amacala ami nezono zami zi
ngakanani na?
Ma u ng'azise isipambuko sami
nesono sami.
24 U sitelani ubuso bako,
U ngi shaya isita sako?
25 U ya kuxosha iqabunga elipe-
petwayo na?
U ya kuzingela izibi ezomileyo
na?
26 Ngokuba u loba ngami oku
munyu,
U ya ngi dhlisa ubufa ububi
bobusha bami:
27 U faka izinyawo zami esitokisini,
U qapela imihambo yonke yami;
U dwebela izinyawo zami umu-
dwa:
28 Nokuba ngi fana nesibucu esi-
pelayo,
Njengengubo e dhliwe izinundu.

14 Umuntu o zelwe owesifaza-
na,
Imihla yake mi fushane, i gcwele
ubuyaluyalu.
2 U ya vela njengembali, a nqu-
nywe:
U baleka njengetunzi, a ng'emi.
3 U vulela onje amehlo ako na?
U ngi ngenise ekwahluleleni nawe
na?
4 Ubani o nga veza into ehlambu-
lulekileyo kuko okungcolileyo
na? kako noyedwa.
5 Loku imihla yake i nqunyiwe,
Umumo wezinyanga zake u kuwe,
U misile imidwa yake, a nga yi
dhluli;
6 Yeka ukumbheka, a pumule,
A ze a feze usuku lwake njengo-
qashiweyo.

7 Ngoba ku kona itemba emutini,
Uma u nqunywa ukuba wo buya u
hlume,
Nokuba isaba lawo a li yi ku-
pela.
8 Noma impande yawo i guga
emhlabatini,
Nesiqu sawo si fa otulini;
9 Noko ngolwasi lwamanzi u ya
kuhluma,
U veze izingaba njengesitombo.
10 Kodwa umuntu u ya fa, a ti ja:
Yebo, umuntu u ya gqabuka, a
bepi-ke?
11 Njengaloku amanzi e pela elwa-
ndhle,
Nomfula u ya sha u ti kote;
12 Ku njalo, umuntu u lala pansi, a
nga b'e sa vuka:
Li ze li nga biko izulu, a ba yi
kuqabuka,
Ba papamiswe ebutongweni babo.

13 Sengati u nga ngi tukusa eSheoli,
U ngi site, ku ze ku dhule ulaka
lwako,
U ngi misele isikati, u ngi ku-
mbule!
14 Uma umuntu e fa, wo buya a
pile na?
Zonke izinsuku zokunyikanyikeka
kwami be ngi ya kuhlalela,
Ku ze ku fike ukukululwa kwami.
15 U bu ya kubiza, ngi sabele:
U bu ya kulangazelela umse-
benzi wezandhla zako.
16 Kodwa manje u ya bala izinya-
telo zami:
A u lindi isono sami na?
17 Isipambuko sami si valelwe ngo-
pau esikwameni,
U ya bu tungela ububi bami.

18 Kepa intaba ewayo i ya dilika;
Idwala li ya gudhluzwa endaweni
yalo;
19 Amanzi a ya gumba amatshe;
Ukupupuma kwawo ku ya ku-
kula utuli lomhlaba:
Njaloke u ya bubisa itemba lo-
muntu.
20 U ya m tonya njalo, u ya hamba;
U ya guqulela ubuso bake, u m
mukise.
21 Amadodana ake a tola udumo, a
ng'azi yena;
A ya ncipazwa, yena a nga ku
qondi ngawo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UElifazi u sola ubugabaza bake. U ti izoni zi za kunqunywa.

22 Inyama e kuye i nobuhlungu,
Nompefumulo o kuye u ya lila.

15 Wa s'e pendula uElifazi umTeman, wa ti,

2 Umuntu ohlakanipileyo nga e pendula ngokwazi oku umoya,
A gcwalise isisu sake ngomoya wa sempumalanga na?
3 Nga e pikisana ngamazwi a nge na msebenzi,
Na ngezinkulumo ezi nge na kusiza luto na?
4 Yebo, u ya shafisa ukwesaba,
U ncipisa ukuzindhla pambi ku ka Nkulunkulu.
5 Ngokuba ububi bako bu ya wu fundisa umlomo wako,
U ya keta ulimi lwaba nobuqili.
6 Umlomo wako u ya ku lahla, a si mina;
Yebo izindebe zomlomo wako zi ya fakaza ngawe.

7 Nguwe yini umuntu owa qala ukuzalwa?
Wa beletwa e nga ka biko amagquma na?
8 U zwile yini icebo elifihlekileyo li ka Nkulunkulu na?
U ti ukuhlakanipa ku kaula ngawe na?
9 Wazini esingayaziyo na?
U qonda ntoni e ngeko kitina na?
10 Ku kona kitina izingwevu nezimpunga,
Zi ndala kakulu kunoyihlo.
11 Zi ncane yini kuwe, iziduduzo zi ka Nkulunkulu,
Namazwi a kulunywa kahle kuwe na?
12 Yini ukuba u tatwe inhliziyo yako na?
U gwalizelani ngamehlo ako?
13 Ukuba u guqukele uNkulunkulu ngomoya wako,
U kipe amazwi emlonyeni wako?
14 Umuntu u yini, ukuba a be ohlanzekileyo?
Yena o zelwe owesifazana, ukuba a be olungileyo na?
15 Bheka, a ka b'etembi nabangcwele bake;
Yebo, namazulu ka hlanzekile emehlweni ake:
16 Po, kangakanani onengekayo nowonakeleyo,
Umuntu o puza ububi njengamanzi na!

17 Ngi za kukutshengisa, a ke u ngi zwe;
Loku engikubonileyo ngi za kukubalisela
18 (Abakuvezileyo abahlakanipileyo)
Be ku tata koyise, a ba ku fihla;
19 Aba nikwa izwe bona bodwa,
A kwa bako owezizwe owa dabula pakati kwabo):
20 Ishinga li ya zibinya imihla yonke yalo,
Umumo weminyaka e tukuselwe izidhlangudhlangu.
21 Umsindo o shayisa uvalo u sezindhlebeni zalo;
Lapo li nenhlanhla, li ya kufikelwa oqotulayo.
22 A li kolwa ukuti li ya kubuya ebumnyameni,
Li lindelwa inkemba.
23 Li zulazulela ukudhla, li ti, Kupi na?
Li y'azi ukuba usuku lobumnyama se lu li lungele eduze nalo.
24 Usizi nokuxineka ku ya li twetwezelisa;
Ku ya li tonya, njengenkosi e hlomele ukulwa.
25 Ngokuba l'elulele isandhla salo nga ku Nkulunkulu,
Li qoshe nga ku Somandhla;
26 Li ya m dumela ngentamo elukuni,
Ngamaqubu ezihlangu a nohlonze;
27 Ngokuba li sibekele ubuso balo ngamanoni alo,
La ba nemivingqi okalweni lwalo;
28 Li hlale emizini ecitekileyo,
Na sezindhlini ezi nga hlalwa muntu,
E se zi lungele ukuba izingqumbi;
29 A li yi kuceba, nemfuyo yalo a i yi kuma,
Ukunota kwawo a ku yi kwenaba emhlabeni.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

30 A li yi kusuka ebumnyameni;
Ilangabi li ya kwomisa amasaba alo,
Ngokupefumula kwomlomo ka Nkulunkulu li ya kumuka.
31 Ma li ng'etembi okuyize, li zikohlisa;
Ngokuba okuyize ku ya kuba inkokelo yalo.
32 Ku ya kufezwa ku nga ka bi isikati salo;
Ihlamvu lalo a li yi kuba luhlaza.
33 Li ya kuvutulula igwanya yalo njengomvini,
Li wise imbali yalo njengomnqumo.
34 Ngokuba ibandhla lezixwala li ya kuba umputa,
Umlilo u qede amatente abadhlamvuzo.
35 Ba kulelwe ukuhxina, ba zala ububi,
Isisu sabo si lungisa inkohliso.

16 Wa s'e pendula uJobe, wa ti,
2 Ngi zwile izinto eziningi eziznje:
Nina nonke ni ngabaduduzi abakandhlayo.
3 Amazwi a ngumoya a ya kupela na?
U cunulwa yini ukuba u pendule na?
4 Nami be ngi nga kuluma njengani;
Uma umpefumulo wenu u be u sesikundhleni sompefumulo wami,
Be ngi nga hlanganisa amazwi ngani,
Ngi ni nqakuzele ikanda lami.
5 Kepa be ngi ya kunisimamisa ngomlomo wami,
Ukukuza kwezindebe zomlomo wami, be ku ya kunqanda ubuhlungu benu.
6 Noma ngi kuluma, ubuhlungu bami a bu nqandwa;
Noma ngi yeka, ku mukani kimi?
7 Kepa manje u ngi nengile:
U ba citakalisile bonke abebandhla lami.
8 U ngi bambisisile, oku ubufakazi ngami:
Ukuzaca kwami ku ngi vukele,
Ku ya fakaza ebusweni bami.
9 U ngi dwengulile ngolaka lwake, wa ngi zingela;
U ngi gedhlele imihlati:
Oyimpi kimi wa ngi cijisela amehlo ake.
10 Ba ngi kamisele umlomo wabo;
Ba ngi shaya esihlatini be ngi capa ngenhlamba:
Ba ngi hlanganyela.
11 UNkulunkulu u ya ngi kapela kuye omubi,
U ya ngi ponsa ezandhleni zamashinga.
12 Nga ngi cemezekile, wa ngi hlakaza;
Yebo, wa ngi bamba ngesidhlozana, wa ngi pahlaza:
Wa ngi misa ngi be isigcibishelo sake.
13 Abemicibisholo bake ba ngi haqa;
U ya qekeza izinso zami, e nge na kuhaukela;
U ya citela pansi inyongo yami.
14 U ya ngi fohla ngi be izikalakala;
A ngi dumele njengesiqwaga.
15 Ngi tungele indwangu yamasaka pezu kwesikumba sami,
Ngi bekile upondo lwami otulini.
16 Ubuso bami bu hxwelile ngokulila,
Ezinkosheni zami ku kona itunzi lokufa;
17 Noma bu ngeko ubudhlova ezandhleni zami,
Umtandazo wami u cacile.
18 Au mhlaba, ma u nga gqibi igazi lami,
Ukukala kwami ma ku nga bi na ndawo yokupumula.
19 Na manjeke ufakazi wami u sezulwini,
Ongimelayo u sezindaweni ezipakemeyo.
20 Izihlobo zami zi ya ngi tekulela:
Kepa iso lami li popoza izinyembezi ku Nkulunkulu,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U cela ukumelelwa uNkulunkulu e m sola. U tetiswa uBiledade,

21 Yikona e ya kumpikela umuntu ku Nkulunkulu,
Nendodana yomuntu ku makelwane wayo!
22 Ngokuba ngeminyaka e ingcozana nje,
Ngi ya kuhamba indhlela engi nga sa yi kubuya ngayo.

17 Umoya wami u su pelile, imihla yami i cimile,
Okwami se ku ituna.
2 Iqiniso, abahxolodayo ba kona nami,
Iso lami li libele ukucunula kwabo.

3 Ngi nike pela isibambiso, ma u ngi melele kuwe;
Ubani o ya kunikana isandhla nami?
4 Ngoba inhliziyo yabo u yi tukusele ukuhlakanipa:
Ngako a u yi kubapakamisa.
5 O hlala ngezihlobo zake ngenxa yempango,
Namehlo abantwana bake a ya kupela.

6 U ng'enzile nga ba isiga sabantu;
Se ngi o felwa ngamate ebusweni.
7 Iso lami li fipele ngenxa yokucunuka,
Amalungu onke ami a njengetunzi.
8 Abaqoto ba ya kumangala nga loku,
Omsulwa u ya kuzivusa a melane nesixwala.
9 Noko olungileyo u ya kubambelela endhleleni yake,
Yena o nezandhla ezihlambululekileyo wo de e qina.
10 Kodwa nina nonke, buyani pela, ni ze;
A ngi yi kufumana noyedwa ohlakanipileyo kinina.
11 Imihla yami i dhlulile, amasu ami a gqabukile,
Yebo imicabango yenhliziyo yami.
12 Ubusuku ba b'enza imini:
Ba ti, Ukukanya ku sondele ebumnyameni.
13 Uma ngi hlalela iSheoli li be indhlu yami;
Uma ng'endhlale ukuko lwami ebumnyameni;
14 Uma ngi te ekuboleni, U ngubaba wena;
Na sempetwini, Wena u ngumame, nodade wetu;
15 Po, lipi itemba lami?
Itemba lami, ubani o ya kulibona na?
16 Li ya kwehlela emivalweni ya seSheoli,
Inxatshana ku kona ukupumula kanyekanye otulini.

18 Wa s'e pendula uBiledade umShuwa, wa ti,
2 Ko ze ku be nini ni zingela amazwi na?
Qondanike, anduba si kulume.
3 Yini ukuba ku tiwe si izilwane,
Si ngcolile emehlweni ako?
4 Wena ozidwengulayo olakeni lwako,
Umhlaba u ya kushiywa yini ngenxa yako na?
Idwala lo gudhluzwa endaweni yalo na?

5 Yebo, ukukanya kwamashinga ku ya kucinywa,
Nenhlansi yomlilo walo a i yi kukanya.
6 Ukukanya ku ya kuhlwiswa etenteni lalo,
Isibani esi pezu kwalo si cinywe.
7 Izinyatelo zamandhla alo zi ya kunyinyeka,
Icebo lalo li li lahle pansi.
8 Ngoba li ponswa eneteni izinyawo zalo,
Li ya hamba pezu kweveku.
9 Ugibe lu ya kulibamba ngesitende,
Ifolo li li bambisise.
10 Li cushiwe ngesihintshela emhlabatini,
Unoxaka u semgudwini walo.
11 Izesabiso zi ya kulitwetwezelisa inxa zonke,
Zi li xoshe zi namatele ezitendeni zalo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

o landa ukuma kabi kwezoni. UJobe u kala ngokumhlazisa kwabo.

12 Amandhla alo a ya kupela ukulamba,
Amahlekelele a za kulilungela eceleni.
13 Amalungu omzimba walo a ya kudhliwa,
Yebo izibulo lokufa li ya kudhla amalungu alo.
14 Li ya kuncotulwa etenteni lalo eli tembe kulo;
Li yiswe enkosini yezesabiso.
15 Ku ya kuhlala etenteni lalo oku nge siko okwalo:
Isibabuli si ya kuvumvuzelwa pezu kwekaya lalo.
16 Izimpande zalo zi ya kwoma ngapansi,
Ngapezulu ingaba yalo i nqunywe.
17 Ukukunjulwa kwalo ku ya kububa emhlabeni,
Li nga bi nagama esitaladini.
18 Li ya kukishwa ekukanyeni, li ye ebumnyameni,
Li xoshwe emhlabeni.
19 A li yi kuba na ndodana na mzukulwana kwaba kubo,
Nowokulandula lapo la ti gozololo kona.
20 Bona abalilandelayo ba ya kumangaliswa usuku lwalo,
Njengokuba abandulelayo ba banjwa ukusipuzela kwezinwele.
21 Impela a njaloke amakaya aba nga lungile,
Nansike indawo yake ongamaziyo uNkulunkulu.

19 Wa s'e pendula uJobe, wa ti,
2 Ko ze ku be nini ni hlupa umpefumulo wami,
Ni ngi coboza ngamazwi?
3 Se ku izikati ezi ishumi ni ngi hlazisa:
A ni namahloni ngokwenza kwenu kalukuni kimi.
4 Nokuba ku qinisile ukuti ng'edukile,
Ukweduka kwami ku hlezi kimina ngedwa.
5 Uma pela ni za kuzikulisa ngami,
Ni ngi sole ngesihlamba sami;
6 Yazinike ukuba uNkulunkulu u ngi qetulile,
Wa ngi haqa ngeneta lake.

7 Bheka, ngi ya kala ngi ti, Ubudhlova bo! kodwa a ku satshelwa:
Ngi kalela ukusizwa, kepa a muko owahlulelayo.
8 U yi biyele indhlela yami ngi ze ngi nga bi na kudhlula,
U bekile ubumnyama emigudwini yami.
9 U ngi hlubulile udumo lwami,
Wa susa umqele ekanda lami.
10 U ngi bidhlizile inxa zonke, ngi mukile;
Wa sipula itemba lami njengomuti.
11 U vutise ulaka lwake nga kimi,
Wa ngi shaya omunye wabayimpi kuye.
12 Amaviyo ake eza kanyekanye,
A nqwabelela mina indhlela yawo,
A ngenisa inxa zonke kwetente lami.

13 U dedisele kude nami abafo wetu,
N'eng'azana nabo se be abezizwe impela kimi.
14 Abakiti ba pelile,
Abangane bami ba kohliwe yimi.
15 Abahlalayo endhlini yami, nezincekukazi zami, ba ngi shaya owezizwe:
Ngi ngumfokazi emehlweni abo.
16 Ngi biza inceku yami, i nga sabeli,
Noma ngi yi nxusa ngomlomo wami.
17 Umoya wami u su mubi ku mkami,
Nokunxusa kwami ku bantwana besisu si ka mame.
18 Yebo, nabantwanyana ba ya ngi delela;
Uma ngi suka, ba kuluma ngami.
19 Aba isifuba sami ba nengwa yimi,
Labo enga ngi ba tanda, se be ngi pendukele.
20 Itambo lami li namatele esikumbeni sami, na senyameni yami,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umhlengi wake u kona. UZofa u ti izoni, noma zi nenhlanhla,

Ngi sindile kwa ti cupe nje.
21 Yibani nomusa, yibani nomusa kimi, zihlobo zami;
Ngoba isandhla si ka Nkulunkulu si ngi tintile.
22 Ni ngi zingelelani njengoNkulunkulu,
Ni nga suti ngenyama yami na?
23 Sengati amazwi ami a nga bhalwa!
Sengati a nga lotshwa encwadini!
24 Sengati ngepeni lensimbi, na ngomtofu
A nga qoshwa etsheni ku ze ku be nini!
25 Kodwa mina ngi y'azi ukuti umhlengi wami u kona,
Nokuti ekupeleni u ya kuma emhlabeni:
26 Se si shabalele isikumba sami, yebo lo mzimba,
Konake ngi ya kumbona uNkulunkulu i nga seko inyama yami;
27 Engi ya kumbona uqobo lwami,
Awami amehlo a ya kumbona, e nge njengowezizwe.
Izinso zami zi ya pela pakati kwami.
28 Uma ni ti, Si ya kumzingela yini po!
Loku isiqu sendaba si funyanwe kimi;
29 Yibani novalo ngenkemba:
Ngoba ukufuteka ku veza izijeziso zenkemba,
Ukuba n'azi ukuti ku kona ukutetwa kwamacala.

20 Wa s'e pendula uZofa umNaman, wa ti,
2 Ngakoke imicabango yami i ya ngi pendula,
Ku ngako loko ngi ya putuma.
3 Ngi zwile ukulaywa okungihlazisayo;
Umoya wokuqonda kwami u ya ngi pendula.
4 A u kwazi yini loko kwa sendulo,
Seloku abantu ba bekwa emhlabeni,
5 Ukuba ukwenanezela kwamashinga ku fushane,
Nokutokoza kwesixwala ku ngokokupazima kweso na?
6 Nakuba si fika ezulwini ukupakama kwaso,
Nekanda laso li finyelela emafwini;
7 Noko si ya kububa ku ze ku be nini njengendhle yaso:
Aba ke ba si bona ba ya kuti, Sipi na?
8 Si ya kundiza njengepupo, si nga be si sa funyanwa:
Yebo, si ya kuxoshwa njengombono wobusuku.
9 Iso ela ke la si bona, a li sa yi kupinda li si ti qa;
Nendawo yaso a i sa yi kusibona.
10 Abantwana baso ba ya kuzincayisela kwabampofu;
Izandhla zaso zi ya kubuyisela imfuyo yaso.
11 Amatambo aso a gcwele ubusha baso,
Kepa bu ya kulala naso otulini.

12 Noma ububi bu mnandi emlonyeni waso,
Noma si bu fihla pansi kwolimi lwaso,
13 Noma si bu congobezela, si nga bu shiyi,
Si ku gcina njalo emlonyeni waso;
14 Noko ukudhla kwaso ku guqulwa ematunjini aso,
Ku inyongo yamabululu embilinini waso.
15 Si gwinyile imfuyo, so buya si yi hlanze futi;
UNkulunkulu u ya kuyikipa esiswini saso.
16 So munca isihlungu samabululu:
Si ya kubulawa ulimi lwemamba.
17 A si yi kubuka imifula,
Imifulana nemilambo yoju namasi.
18 Loko esikuqobekeleyo so ku buyisela, a si yi kukugwinya;
A si yi kujaja ngokwemfuyo esiyitolileyo.
19 Ngokuba si ba pate ngoshaba, sa ba shiya abampofu;
Sa qwaga indhlu, a si yi kuyaka;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

zo velelwa. UJobe u ti izoni zi ya busa, a zehlelwa okubi.

20 Loku sa si nga kwazi ukutula pakati kwaso,
A si soze sa hlangulisa luto ku loko esikunxaneleyo.
21 Ka ku salanga luto esi nga ku dhlanga;
Ngako inhlanhla yaso a i yi kuqina.
22 Ekusuteni kwokwaneliswa kwaso so nyinyeka:
Izandhla zabo bonke aba sosizini zi ya kusifikela.
23 Ko ti si se za kugcwalisa isisu saso,
UNkulunkulu a si ponse ngokuvuta kwolaka lwake;
U ya kulunisa pezu kwaso si sa dhla.
24 Si ya kubalekela isikali sensimbi,
Si boboswe umnsalo wetusi.
25 Si ya wu kipa u pume emzimbeni waso;
Yebo, ucijo olunyampuzayo lu puma enyongweni yaso:
Si ngenwa amavuso.
26 Ubumnyama bonke bu bekelwe izinto zaso ezitukusiweyo:
Umlilo o nga vutelwanga u ya kusidhla;
U qede okuseleyo etenteni laso.
27 Amazulu a ya kwambula ububi baso,
Umhlaba u si vukele.
28 Ingcebo yendhlu yaso i ya kunyamalala;
Ku muke ngomhla wolaka lwake.
29 Loku ku isabelo seshinga esi vela ku Nkulunkulu,
Nefa lalo eli li miselwa uNkulunkulu.

21 Wa s'e pendula uJobe, wa ti,
2 Zwisisani kahle inkulumo yami;
Loku ma ku be izinduduzo kini.
3 Ngi vumeleni, ngi za kukuluma nami;
Ko ti se ngi kulumileke, ni hxolode.
4 Mina, ukukalaza kwami ku ku muntu yini?
Po umoya wami u nge dinwe ngani na?
5 Ngi qapeleni, ni mangale,
Ni beke isandhla emlonyeni.
6 Noma ngi kumbula nje ngi ba nokupapateka,
Inyama yami i banjwa ukugubhuzela.
7 A pilelani amashinga,
A ze a be madala, yebo, a kule ngobuqawe na?
8 Inzalo yawo i qiniswa nawo pambi kwawo,
Nabantwana bawo emehlweni awo.
9 Izindhlu zawo zi londekile a zi na luvalo,
Induku ka Nkulunkulu a yiko pezu kwawo.
10 Inkunzi yawo i ya zeka, a i lazisi;
Inkomazi yawo i ya zala, a i punzi.
11 A pumisa izingane zawo zi njengomhlambi,
Abantwana bawo ba ya gida.
12 Ba hlabelela ngesigubu nenkoka,
Ba tokoze ekukaleni komtshingo.
13 A qeda imihla yawo enhlanhleni,
Ngokupazima kweso a shone eSheoli.
14 A ti ku Nkulunkulu, Suka kiti;
Ngoba a s'enameli ukuzazi izindhlela zako.
15 USomandhla u yini, ukuba si m konze?
So sizakala ngani uma si tayiza kuye na?
16 Bhekani, inhlanhla yawo a yiko esandhleni sawo:
Icebo lamashinga li kude nami.
17 Ku ngaki isibani samashinga si cinywa
Amahlekelele awo a w'ehlele na?
UNkulunkulu a w'abele izinsizi ngolaka lwake na?
18 A be njengezibi pambi kwomoya,
Na njengamakoba a pepetwa isivunguvungu na?
19 Ni ti, UNkulunkulu u bekela abantwana balo ububi balo.
Ma ka bu pindisele kulo, yikona li ya kubazi:

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukufa kwezoni. UElifazi u m enza uJobe omubi kakulu.

20 Amehlo alo ma ka ku bone ukulimala kwalo,
Li puze ukufuteka ku ka Somandhla.
21 Ngoba li nakekela ntoni ngendhlu yalo ngasemva kwalo,
Nxa se ku nqunywe umumo wezinyanga zalo?
22 U kona o ya kufundisa uNkulunkulu ukwazi na?
Loku uyena obahlulelayo abapakemeyo na?
23 Omunye u ya fa amandhla ake e sa pelele,
E zinzile e cemezekile:
24 Amatunga ake a gcwele ubisi,
Umkantsha wamatambo ake u manzi.
25 Omunye u ya fa e nomunyu enhliziyweni,
E nga zanga a dhle okuhle.
26 Ba lala pansi otulini ngokufanayo,
Ba sibekelwe izimpetu.

27 Bhekani, ngi ya z'azi izizindhlo zenu,
Namacebo enu eni funa ukungidhlova ngawo.
28 Ni ti kambe, Ipi indhlu yesibahu?
Lipi itente a hlala kulo amashinga na?
29 A ni buzanga kwaba dhlula ngendhlela na?
A ni z'azi yini izifakazo zabo?
30 Zokuti omubi u godhlelwa usuku lwamahlekelele na?
Ba yiswa osukwini lwentukutelo.
31 Ubani o ya kuveza indhlela yake ebusweni bake na?
Ubani o za kumpindisela nga loko akwenzileyo na?
32 Noko u ya kuyiswa etuneni,
Ku lindwe elibeni.
33 Amagade a sesihlanjeni a ya kuba mnandi kuye,
Ba ya kudonseka bonke abantu emva kwake,
Njengokuba ba be nge na kubalwa aba be ngapambili kwake.
34 Po ni ngi duduzelani ngeze,
Loku ezimpendulweni zenu ku sala izimenemene nje?

22 Wa s'e pendula uElifazi umTeman, wa ti,
2 Umuntu a nga ba usizo ku Nkulunkulu yini?
Impela ohlakanipileyo u ya zisiza yena.
3 USomandhla u y'enama yini uma u lungile na?
Ku inzuzo yini kuye ukuba wenze izindhlela zako zi pelele na?
4 Kwenziwa ukumesaba kwako ukuba a ku sole na,
Ukuba a ngene nawe ekwahluleleni na?
5 Ububi bako a bu bukulu na?
Futi amacala ako ka na mkaulo.
6 Ngokuba u tatile izibambiso ku mfo wenu ngeze,
Wa hlubula aba nqunu izingubo zabo.
7 A u m puzisanga amanzi oyetileyo,
Nolambileyo wa m ncisha ukudhla.
8 Umuntuke o namandhla, umhlaba wa u ngowake;
Otusekayo w'aka kuwo.
9 Wa mukisa abafelokazi wena, be nga pete luto,
Imikono yezintandane y'apuliwe.
10 Ngako izingibe zi ya ku haqa,
Uvalo oluzumayo lu ya ku papatekisa.
11 Nobumnyama, ukuze u nga boni,
Amanzi amaningi a ya ku sibekela.

12 UNkulunkulu kako yini ekupakameni kwezulu na?
Bhekake inhloko yezinkanyezi i pezulu kangaka!
13 Wena u ti, UNkulunkulu wazini na?
A ng'ahlulela yini e nga le kwobumnyama obute mbe?
14 Izingqimba zamafu zi isisito kuye, a ze a nga boni;
U ya hamba esiyingeni sezulu.
15 U ya kugcina uhambo oludala
Olwa hanjwa abantu ababi na?
16 Aba hlwitwa ku nga ka bi isikati sabo,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U ti ka buyele ku Somandhla. UJobe u bheke yena uma a tetwe.

Aba sisekelo sabo sa kukulwa ngokungati ngomfula,
17 Aba ti ku Nkulunkulu, Suka kiti;
USomandhla a nga s'enzela ntoni na?
18 Noko wa gcwalisa izindhlu zabo ngezinto ezinhle:
Kepa icebo lamashinga li kude nami.
19 Abalungileyo ba ya ku bona, ba tokoze;
Aba msulwa ba ba hleka usulu,
20 Ba ti, Impela abasivukeleyo ba nyamalele,
Insali yabo ya dhliwa umlilo.

21 Ma u jwayelane naye pela u be nokutula:
Yikona okuhle ku za kuza kuwe.
22 Ma wamkele emlonyeni wake umteto,
U wa beke amazwi ake enhliziyweni yako.
23 Uma u buyela ku Somandhla, u ya kwakiwa,
Uma ukungalungi u ku dedisela kude namatente ako.
24 U beke otulini itshe legolide,
Nela seOfire ematsheni a semfulaneni;
25 USomandhla u ya kuba itshe lako legolide,
A be isiliva elinqabileyo kuwe.
26 Kona wo tamasa ku Somandhla,
U pakamise ubuso bako ku Nkulunkulu.
27 Wo ncenga kuye, a ku zwe;
U feze izitembiso zako.
28 U ya kuhlosa into, i fezeke kuwe;
Ku kanye ku ti ngqa ezindhleleni zako.
29 U su wehliswa, u ya kuti, Pezulu;
Yena u ya kumsindisa otobileyo.
30 U ya kumkulula umuntu noma e nge msulwa:
Yebo, u ya kukululwa yena ngokuhlanzeka kwezandhla zako.

23 UJobe wa s'e pendula, wa ti,
2 Na namhlanje ukukalaza kwami ku okwokuhlubuka:
Ukushaywa kwami ku ya sinda kunokugquma kwami.
3 Kwa nga ngi ng'azi lapa ngi nga m fumana kona!
Ukuba ngi fike na sesihlalweni sake!
4 Be ngi ya kuhlela indaba yami pambi kwake,
Ngi gcwalise umlomo wami ngezigameko.
5 Be ngi ya kuwazi amazwi a nga ngi pendula ngawo,
Ngi qonde a be ya kukusho kimina.
6 A nga pikisana nami ngamandhla ake amakulu na?
Qa, a nga ngi zwela.
7 Kona oqoto u be nga qondisana naye;
Ngi kululweke ku mahluli wami ku ze ku be nini.
8 Bheka, ngi ya pambili, a muko kona;
Ngi buyela emva, a ngi na kumbona;
9 Nga kwesokohlo, ekusebenzeni kwake, a ka bonakali;
U ya zifihla nga kwesokunene, ukuba ngi nga m boni.

10 Kodwa u y'azi indhlela engi hamba ngayo;
Lapo e se ngi ncibilikisile ngi ya kupuma ngi njengegolide.
11 Unyawo lwami lu bambelele ezinyatelweni zake;
Indhlela yake ngi yi gcinile, a ngi cezukanga.
12 A ngi sukanga emyalweni wezindebe zomlomo wake;
Ngi zibekelele amazwi omlomo wake kakulu kunommiselo wami wokudhla.
13 Kodwa u into inye njalo, ubani ongambuyisayo na?
Oku fiswa umpefumulo wake u ya kwenza loko.
14 Ngoba u feza loko engikumiselweyo:
Ku kona okuningi okunje kuye.
15 Ngako ngi nokupapateka pambi kwake;
Uma ngi qonda, ngi novalo ngaye.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U ti, uNkulunkulu ka naki izoni; zi ya fa njengabantu bonke nje.

16 Ngoba uNkulunkulu u yi dangalisile inhliziyo yami,
USomandhla wa ngi papatekisa;
17 Ngokuba a ngi nqunywanga ku nga ka fiki ubumnyama,
Ka sibekelanga ubuso bami kubo ubumnyama obute mbe.

24 Ku ngani ukuba ku nga miswa izikati nguSomandhla?
Ku ngani ukuba abamaziyo ba nga boni imihla yake?
2 Ba kona aba susa izikonkwane zezwe;
Ba qwaga imihlambi, ba y'aluse.
3 Ba quba imbongolo yezinkedama ba muke nayo;
Ba tata inkomo yomfelokazi, i be isibambiso.
4 Ba cezukisa impabanga endhleleni:
Abampofu bomhlaba ba baca ndawonye.
5 Bheka, njengezimbongolo za sendhle ehlane
Ba ya emisebenzini yabo, be funisisa ukudhla;
Ihlane li ya ba nika ukudhla kwabantwana babo.
6 Ba vuna ukudhla kwabo ensimini;
Ba kotoza esivinini seshinga.
7 Ba lala nqunu be nge na ngubo,
Be nge na nto yokuzisibekela emakazeni.
8 Ba manzi izihlambi za sezintabeni,
Ba sosobala edwaleni be swela indawo yokupepela.
9 Ba kona aba hlwita izinkedama ebeleni,
Ba tate isibambiso sabampofu;
10 Ba ze ba hambeze be nge na ngubo,
Ba twala izitungu be lambile.
11 B'enza amafuta pakati kwezindonga za laba bantu;
Ba nyatela izikamo zevini zabo, b'ome noko.
12 Emzini ku bubula abafayo,
Umpefumulo wezinkubele u ya kala:
Noko uNkulunkulu a ka naki lobu buwula.

13 Laba ba kanye naba hlubuka ukukanya;
A ba z'azi izindhlela zako,
A ba hlali na semigudwini yako.
14 Umbulali u ya vuka ngovivi;
U bulala ompofu nempabanga;
Ebusuku u njengesela.
15 Iso lesipingi li lindela ukuswelela,
Si ti, A kuko liso eli ya kungibona;
Si sita ubuso baso.
16 Ebumnyameni ba ya gebula izindhlu:
Ba ya zivalela emini;
A b'azani nokukanya.
17 Ngokuba ukusa kubo bonke ku njengetunzi lokufa;
Ngokuba bazi izesabiso zetunzi lokufa.

18 Ba nejubane ebusweni bamanzi;
Isabelo sabo si qalekisiwe emhlabeni:
A ba pendukeli endhleleni yezivini.
19 Ukoma nokushisa ku ya qeda amanzi ka ngqoqwane:
Li njalo iSheoli kwabonileyo.
20 Isisu si ya kukohlwa uye;
Izimpetu zo mu dhla kamnandi;
A ka sa yi kukunjulwa;
Ukungalungi ku ya kwapulwa njengomuti.
21 U ya yi qeda inyumba engazaliyo,
A k'enzi okuhle ku mfelokazi.
22 Noko uNkulunkulu u y'elula imihla yaba namandhla ngezikwepa zake:
U ya vuka o nga se natemba lokupila.
23 UNkulunkulu u ba nika ukuba ba londeke, ba ncike kuko;
Amehlo ake a pezu kwezindhlela zabo.
24 Ba ya pakanyiswa; noko ku be isikashana nje, ka ba seko;
Yebo, ba ya fojiswa, ba butwe njengabanye bonke,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UBiledade: umuntu u impetu. UJobe u ya'vuma; u lungile noko.

Ba ya nqunywa njengezikwebu zamabele.
25 Uma ku nge njalo kaloku, ubani o nga ng'enza o namanga,
A y'enze ize inkulumo yami?

25 Wa s'e pendula uBiledade umShuwa, wa ti,
2 Ukubusa novalo ku kuye;
Wenza ukutula ezindaweni zake ezipakemeyo.
3 Amaviyo ake a nga balwa na?
Ngubani ukukanya kwake oku nga pumeli kuye na?
4 Poke, umuntu a nga ba olungileyo kanjani ku Nkulunkulu na?
A nga ba ohlanzekileyo kanjani, yena o zelwe owesifazana na?
5 Bheka, nenyanga a i na nkazimulo,
Nezinkanyezi a zi hlanzekile emehlweni ake:
6 Kangakanani po umuntu o impetu!
Nendodana yomuntu o isibungu!

26 Wa s'e pendula uJobe, wa ti,
2 Yeka ukumsiza kwako o nge na mandhla!
Nokuyisindisa kwako ingalo e nge na zikwepa!
3 Yeka ukumluleka kwako o nge na kuhlakanipa,
Nokuveza kwako kakulu ukwazi du!
4 U wa tshele bani amazwi na?
Ukupefumula ku ka bani oku pume kuwe na?

5 Aba izitunzi ba ya tutumela
Ngapansi kwamanzi nabakileyo kona.
6 ISheoli li nqunu pambi kwake,
UAbadon ka na sisibekelo.
7 U y'elula izulu la senyakato pezu kwomkati,
A panyeke umhlaba ezeni.
8 U ya bopa amanzi ezingqimbeni zake zamafu;
Ifu a li hxebuki pansi kwawo.
9 U ya fihla ubuso besihlalo sake sobukosi,
Eneke ifu lake pezu kwaso.
10 U yingilize ngomudwa pezu kwobuso bamanzi,
Ku be sekupeleni kwokukanya nobumnyama.
11 Izinsika zezulu zi ya ntengemula,
Zi mangale ngokukuza kwake.
12 U vusa ulwandhle ngamandhla ake,
Ngokuqonda kwake u ya debeza uRahabi.
13 Ngomoya wake amazulu a ya cwebiswa;
Isandhla sake si hlabile inyoka etshuzayo.
14 Bhekake, loku ku amapetelo nje ezindhlela zake:
Yeka, ukunyenyezana nje esikuzwayo ngaye!
Kodwa ukuduma kwobuqwaga bake ubani ongakuqondayo na?

27 UJobe wa buya wa tata umlinganiso wake, wa ti,
2 E kona uNkulunkulu o ng'apucile ilungelo lami,
NoSomandhla o hlalise kabi umpefumulo wami
3 (Ngokuba ukupila kwami ku sa pelele pakati kwami,
Umoya ka Nkulunkulu u semakaleni ami);
4 Impela umlomo wami a u yi kukuluma okungalungile,
Ulimi lwami a lu yi kushumayela inkohliso.
5 A ku be kude kimi ukuba ngi ni tete:
Ngo ze ngi fe, ngi nga susanga kimi ukupelela kwami.
6 Ukulunga kwami ngi ku bambisisile, a ngi yi kukuyeka:
Inhliziyo yami a i yi kungikaca na ngolu lodwa lwezinsuku zami.
7 Isita sami ma si be njengeshinga,
Nongivukeleyo a be njengongalungile.

8 Ngokuba itemba lesixwala li yini, noma si zuza,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Itemba lesixwala li izè. Ukutola kwabantu ingcebo yomhlaba.

Lapo uNkulunkulu e hosha umpefumulo waso?
9 UNkulunkulu wo ku zwa ukukala kwaso,
Se si fikelwa usizi na?
10 Wo tamasa ngoSomandhla na?
A bize uNkulunkulu ngezikati zonke na?
11 Ngo ni fundisa ngesandhla si ka Nkulunkulu;
Loko oku kuye uSomandhla, a ngi yi kukufihla.
12 Bhekani, nina nonke ni ku boniile;
Po yini ukuba ni z'enze ize nje?

13 Loku ku isabelo seshinga ku Nkulunkulu,
Nefa lezidhlangudhlangu ezilamkelayo ku Somandhla:
14 Uma abantwana bake b'anda, b'andela inkemba;
Inzalo yake a i yi kwesuta ukudhla.
15 Laba abasalayo kuye ba ya kumbelwa ekufeni,
Abafelokazi bake ba nga m kaleli.
16 Noma e nqwabela isiliva li be njengotuli,
A lungise izambato njengebumba;
17 A nga ku lungisa nje, noko ku ya kwambatwa abalungileyo,
Aba msulwa ba ya kulaba isiliva.
18 U y'aka indhlu yake njengenundu,
Na njengexiba el'akiwa umlindi.
19 U ya lala e cebile, kodwa a ka yi kwelekelwa koyise;
U vula amehlo ake, ka seko.
20 Izesabiso zi ya m fica njengamanzi,
Isivunguvungu si ya m eba ebusuku.
21 U tatwa umoya wa sempumalanga, emuke;
U ya m bhengula endaweni yake.
22 Ngoba uNkulunkulu u ya kumcibishela, a nga m yeki:
Wo fisa ukubaleka esandhleni sake.
23 Abantu ba ya kumshayela ihlombe,
Ba m ncimfele, a suswe endaweni yake.

28 Impela ku kona umtapo wesiliva,
Nendawo yegolide abalicwengisayo.
2 Insimbi i tatwa emhlabatini,
Netusi li tolwa ngokuncibilikiswa kwamatshe.
3 Ubumnyama bu bekelwe umkaulo,
Ku pendhlwe ku ze ku be sekupeleleni konke,
Amatshe obumnyama obu isigayegaye, netunzi lokufa.
4 U bobosa umgodi kude na lapa ku hlala kona abantu;
Ba kohliwe unyawo;
Ba ya lengalenga kude nabantu, ba ya jikajika.
5 Umhlabake, ku vela ukudhla kuwo;
Ngapansi kwawo ku qebekulwa kungati ngomlilo.
6 Indawo yamasafire i sematsheni awo,
I notuli lwegolide.
7 Lowo mgudu a w'aziwa inqe,
A u bonwanga iso lokozi:
8 Izilwane ezizikukumezayo a zi nyatelanga kuwo,
Ibubesi elihahayo a li dhlulanga ngawo.
9 U yisa isandhla sake ensengetsheni;
A gumbuqele izintaba ngezimpande zazo.
10 U qeqebula imihohoba ematsheni;
Iso lake li ya bona izinto zonke ezinqabileyo.
11 U ya bopa imifula ukuba i nga consi;
Okufihlakeleyo u ya ku kipela ekukanyeni.

12 Kepa ukuhlakanipa ku ya kufunyaniswapi na?
Ipi indawo yokuqonda?
13 Umuntu ka l'azi inani lako;
A ku funyanwa ezweni labapilayo.
14 Utotololo u ti, A kuko kimi;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ingcebo yokuhlakanipa.

Nolwandhle lu ti, A kuko kimi.
15 Ku nge zuzwe ngegolide,
Nesiliva a li na kulinganiswa li be intengo yako.
16 Ku nge tengane negolide la se-Ofire,
Nesardonike elinqabileyo, nesafire.
17 Igolide negilasi ku nge lingane nako,
Ku ng'enaniswe ngezimpahla zegolide elihle.
18 Ku nge patwe ikorali nekrustali:
Yebo, intengo yokuhlakanipa i ya dhlula amarubi.
19 Itopazi la sEtiopiya li nge lingane nako,
Ku nge tengane negolide elicwengekileyo.
20 Po, ku velapi ukuhlakanipa na?
Ipi indawo yokuqonda na?
21 Loku ku fihliwe emehlweni abo bonke abapilayo,
Ku sitiwe eziriyonini zezulu.
22 Ukubujiswa nokufa ku ti,
Si zwile amahemuhemu ako ngezindhlebe zetu.

23 UNkulunkulu u ya qonda indhlela yako,
UYena o y'aziyo nendawo yako.
24 Ngokuba u ya buka amapetelo omhlaba,
A bone ngapansi kwezulu lonke;
25 U misela umoya ukusinda kwawo:
Yebo, u ya linganisa amanzi ngesilinganiso.
26 Lapo e y'enzela imvula isimiso,
Nonyazi lokuduma indhlela;
27 Konake wa ku bona wa ku balisa;
Wa ku misa, yebo, wa ku pendhla.
28 Ku bantu wa ti,
Bhekani, ukwesaba iNkosi, loko ku ukuhlakanipa;
Ukusuka ebubini ku ukuqonda.

Inhlalo ka Jobe yokuqala.

29 UJobe wa buya wa tata umlinganiso wake, wa ti,
2 Sengati ngi nga ba njenga sezinyangeni zapambili,
Njenga semihleni lapo nga gcinwa uNkulunkulu;
3 Lapo isibani sake sa kanya pezu kwekanda lami,
Na ngokukanya kwake nga hamba ebumnyameni;
4 Njengokuba nga ngi njalo ezinsukwini zokujahela kwami,
Lapo ubuhlobo bu ka Nkulunkulu ba bu pezu kwetente lami;
5 Lapo uSomandhla wa be e se nami,
Nabantwana bami be sa ngi zungezile;
6 Lapo izinyatelo zami za gezwa ngamasi,
Itshe la ngi telela imifula yamafuta!
7 Lapo nga puma nga ya esangweni nga semzini,
Lapo nga lungisa isihlalo sami esigcawini,
8 Za ngi bona izinsizwa, za casha,
Izimpunga za suka z'ema;
9 Izikulu za yeka ukukuluma,
Za beka isandhla emlonyeni;
10 Izwi lezidukudukwana la tuliswa,
Izilimi zazo za namatela olwangeni lwazo.
11 Ngoba lapo indhlebe ya ngi zwa, ya ngi busisa;
Lapo iso la ngi bona, la ngi fakazela:
12 Ngokuba nga hlangulisa ompofu okalayo,
Nenkedama eya i nge na bani wokuyisiza.
13 Ubusiso lwake o be se za kububa lwa fika kimi;
Ng'enza inhliziyo yomfelokazi yenanele.
14 Ng'ambata ukulunga, kwa ng'ambatisa:
Ukwahlulela kwami kwa ku ingubo nomqele.
15 Nga ngi amehlo ezimpumpute,
Nga ngi izinyawo zezinyonga.
16 Nga ngi uyise wezimpabanga;
Indaba yake e be ngi nga m azi, nga yi pendhla.
17 Ng'apula imihlati yaba nga lungile,
Nga kipa inyamazane emazinyweni ake.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U kala ngokutotshiswa kwake nokupatwa kwake nguNkulunkulu.

18 Nga se ngi ti, Ngi za kufa esidhlekeni sami,
Ng'andise imihla yami njengesihlabati:
19 Impande yami i ya sabalalela emanzini,
Umbete u lala engatsheni yami:
20 Udumo lwami lu hlala lu lusha kimi,
Umnsalo wami w'enziwa busha esandhleni sami.
21 Abantu ba ngi lalela, ba ngi hlalela,
Ba tula be bheke isiluleko sami.
22 Se ngi kipile amazwi ami ba be nga pindi ba kulume;
Inkulumo yami ya tonsela pezu kwabo.
23 Ba ngi hlalela njengemvula;
Ba ngi kamisela imilomo yabo njengokamisela imvula yamva.
24 Nga ba hleka, be nga sa kolwa yiluto;
Ukukanya kwobuso bami ka ba ku fipazanga.
25 Nga ba ketela indhlela, nga hlala ngi inhloko,
Nga hlalisa okwenkosi empini,
Njengoduduza abalilayo.

30 Kepa kaloku abancane kunami ba ng'enza igidigidi,
Oyise babo enga ngi delela nokuba ngi ba beke nezinja zezimvu zami.
2 Yebo, amandhla ezandhla zabo a nga ngi siza ku kupi?
Abantu aba pelelwe izipika zabo.
3 Ba shwapile ngokuswela na ngokevete;
Ba ququda ugwadule, ebumnyameni bezindawo ezicitakeleyo nezi tiwe lohle.
4 Ba ya pa imbilikicane nga sezihlahleni;
Izimpande zonwele zi ukudhla kwabo.
5 Ba ya xoshwa ebantwini;
Ku ya hlokonywa emva kwabo njenga seseleni;
6 Ngakoke ba hlala emihosheni esabekayo,
Emigodini yomhlaba na seziweni.
7 Ba ya konya ezihlahleni;
Ba ya butana ngapansi kwezimbabazane.
8 Abantwana beziwula, yebo, abantwana baba nge nagama;
Ba shaywa ba xoshwa ezweni.

9 Kepa kaloku se ngi ingoma yabo,
Yebo, se ngi isiga sabo.
10 Ba ya nengwa yimi, ba dedikela kude nami,
A ba yeki ukufela amate ebusweni bami.
11 Ngoba u tukulule umcilo wami, u ngi hlupile;
Ba lahle itomu pambi kwami.
12 Ku suka aba inkunkuma nga kwesokunene sami;
Ba dudula izinyawo zami,
Ba ngi nqwabelela izindhlela zabo zamahlekelele.
13 Ba sebekula umgudu wami,
Ba qubela isisila sami,
Abantu aba nge na msizi,
14 Ba ngena kungati ngesikala esikulu:
Pakati kwencitakalo ba teleka pezu kwami.
15 Izesabiso zi pendukele kimi;
Zi xosha isizota sami njengomoya;
Inhlalakahle yami i ya dhlula njengefu.

16 Manjeke umpefumulo wami u tululekile pakati kwami;
Imihla yosizi i ngi bambisisile.
17 Amatambo ami a ya hlatshwa ebusuku,
Ubuhlungu obungigedhlayo a bu pumuli.
18 Ngamandhla amakulu ka Nkulunkulu isambato sami si gqunqile;
Si ya ngi bopa njengomqala webantshi lami.
19 U ngi ponsile odakeni,
Se ngi fana notuli nomlota.
20 Ngi kala kuwe, a u sabeli:
Ngi ya sukuma, u ya ngi bheka.
21 U su penduke o nonya kimi;
Ngamandhla esandhla sako u ya ngi zingela.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Pezu kwokuhlutshwa kwake u gamela ngokulunga kwake.

22 U ya ngi pakamisela emoyeni, u ya ngi kwelisa kuwo;
U ya ngi hlakaza esivunguvungwini.
23 Ngoba ngi y'azi ukuba u ya kungibuyisela ekufeni,
Na sendhlini e miselwe bonke abapilayo.

24 Kambe umuntu a k'eluli isandhla yini ekuweni?
A ka yi kukalela usizo yini ngenxa yeshwa lake?
25 A ngi m kalelanga yini, yena o zinsuku zake za zi lukuni na?
Umpefumulo wami a u yi dabukelanga yini impabanga na?
26 Lapo nga bheka okuhle, kwa fika okubi;
Lapo nga hlalela ukukanya, kwa fika ubumnyama.
27 Izibilini zami zi ya xapazela, a zi na kutula;
Imihla yenhlupeko i ngi hlangabezile.
28 Ngi hamba ngi kedamisile, li ngeko ilanga;
Ngi ya sukuma embutanweni ngi kalela usizo.
29 Ngi ngumfo wabo wamakanka,
Ngi umngane wezintshe.
30 Isikumba sami si mnyama, si y'ebuza kimi,
Amatambo ami a vuta umlilo.
31 Ngaloko inkoka yami i penduke isililo,
Nomtshingo wami u izwi labakalayo.

31 Ng'enza isivumelwano namehlo ami;
Po, ngi nga buka kanjani intombi na?
2 Ngokuba si yini isabelo esi vela ku Nkulunkulu pezulu?
Nefa eli vela ku Somandhla ekupakameni na?
3 A ku siwo amahlekelele kwaba nga lungile,
Nomhlola kwabenza okubi na?
4 A ka boni yini izindhlela zami?
A ka bali izinyatelo zami zonke na?
5 Uma ngi hambe ngokwamanga,
Uma unyawo lwami lu putume inkohliso
6 (Ma ngi linganiswe esikalweni esilungileyo,
Ukuba uNkulunkulu azi ukupelela kwami);
7 Uma isinyatelo sami si cezukile endhleleni,
Inhliziyo yami ya landela amehlo ami,
Uma ku namatele isisihla ezandhleni zami:
8 Konake ma ngi hlwanyele mina, ku dhle omunye;
Yebo, ma ku sishulwe ukudhla kwensimu yami.
9 Uma inhliziyo yami ya wungeka ngowesifazana,
Uma nga qamela emnyango womakelwane wami;
10 Konake umkami ma ka silele omunye,
Ku guqe abanye pezu kwake.
11 Ngokuba loku ku ukuhilikiqa;
Yebo, ku icala lokujeziswa abahluli:
12 Ngoba ku umlilo odhlayo ku ze ku be sekubujisweni,
Be ku ya kusipula inzuzo yonke yami.
13 Uma ngi delele indaba yesigqili sami nesigqilikazi sami,
Lapo be pikisana nami;
14 Po, ngi ya kwenze njani, lapo e vuka uNkulunkulu na?
Na lapo e ngi hambela, ngo m pendula ngokutini?
15 Owa ng'enza esiswini, a ka m enzanga yena na?
A ka munye yini owasibumbayo esiswini?

16 Uma ngi nqabele abampofu loku abakwenameleyo,
Ng'enza amehlo omfelokazi a pele,
17 Noma nga dhla umtamo wami ngedwa nje,
Inkedama i nga wu dhlanga nami
18 (Ai, kwa sebusheni bami ya kulela kimi, kwa nga ngi uyise,

Digitized by Google Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UJobe u gamela ngokulunga kwake. Amazwi ka Elihu.

Nga ba umholi womfelokazi kwa sesiswini si ka mame);
19 Uma ngi bonile noma ubani e buba ngokuswela isambato,
Nempabanga e swele okokuzimboza;
20 Uma ukalo lwake lu nga ngi busisanga,
Uma e nga fudunyezwanga uboya bezimvu zami;
21 Uma ngi sikaze ngesandhla sami izinkedama,
Ngoba nga bona usizo lwami esangweni:
22 Ihlombe lami ma li we esipangeni,
Nomkono wami w'apuke engalweni.
23 Ngokuba amahlekelele a vela ku Nkulunkulu, ngi shaywa uvalo yiwo,
Ngenxa yobukosi bake ngi ng'enze luto.

24 Uma ng'enze igolide la ba into engi gaba ngayo,
Nga ti egolideni elihle, Wena u itemba lami;
25 Uma ngi tokoze ngokuba imfuyo yami inkulu,
Ngokuba isandhla sami sa si tole kakulu;
26 Uma ngi bone ilanga li kanya,
Nenyanga i hamba i te ngqa,
27 Inhliziyo yami ya wungeka esita,
Nomlomo wami w'anga isandhla sami:
28 Loku futi kwa ku icala lokujeziswa abahluli;
Ngokuba be ku ya kuba ngi pike uNkulunkulu o pezulu.
29 Uma ngi tokoze ngeshwa longizondayo,
Nga xuma ekuficweni kwake okubi
30 (Yebo, a ngi vumelanga umlomo wami ukwona
Ngokufuna ikanda lake ngesiqalekiso);
31 Uma abantu betente lami be nga shongo, ukuti,
Ubani o nga fumana umuntu o nga sutanga inyama yake na?
32 (Owezizwe ka lalanga esitaladini;
Nga vulela isihambi iminyango yami);
33 Uma ngi mboze izipambuko zami njengoAdam,
Ngokutukusa ububi bami esifubeni sami,
34 Ngokuba nga ba novalo ngesixuku esikulu,
Ng'etuswa ngokweyiswa imindeni,
Nga ze nga tula, a nga puma emnyango—
35 Sengati ngi nga ba naye ongizwayo!
(Nako ukubhala kwami, ma ka ngi pendule uSomandhla)
Sengati ngi nga ba nayo incwadi ayibhalileyo umuntu o pikisana nami!
36 Impela be ngi ya kuyitwala ehlombe lami;
Ngi yi bopele kimi njengomqele:
37 Be ngi ya kumtshela umumo wezinyatelo zami;
Ngi sondele kuye njengesikulu.
38 Uma izwe lami li kala ngami,
Nemisele yalo i lila kanyekanye;
39 Uma ngi dhle izitelo zalo ngapandhle kwemali,
Nga swelekisa abaninilo:
40 Ma ku hlume ikakasi endaweni ka kolweni,
Nokula lu vele endaweni yebarle.

Amazwi ka Jobe a pelile.

32 Lawa madoda amatatu a yekake ukumpendula uJobe, ngokuba wa e lungile emehlweni ake. 2 Lwa se lu vuta ulaka lu ka Elihu ka Barakeli umBuzi, womndeni ka Ram: lwa vuta ulaka lwake ngoJobe, ngenxa yokuziteta kwake kunoNkulunkulu. 3 Na ngazo izihlobo ezintatu lwa vuta ulaka lwake, ngokuba be be nga fumananga mpendulo, noko ba m lahla uJobe. 4 Kepake uElihu wa be e lindile ukukuluma noJobe, ngokuba ba be badala kunaye. 5 Wa ti uElihu ukubona ukuba a yiko impendulo emlonyeni wa lawa madoda amatatu, ulaka lwake lwa vuta.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U shiswa amazwi. U kuza uJobe ngoba e zenza olungileyo.

6 UElihu ka Barakeli umBuzi wa s'e pendula, wa ti,
Mina ngi se musha, nina ni izimpunga;
Ngako ngi nyonyile, ng'esaba ukunitshengisa ukwazi kwami.
7 Nga ti, Izinsuku zi fanele ukukuluma,
Nobuningi beminyaka b'azise ukuhlakanipa.
8 Kepa ku kona umoya ku muntu,
Nokupefumula ku ka Somandhla ku ya ba pa ukuqonda.
9 A ku sibo abakulu abahlakanipileyo,
Nabadala aba qonda ukwahlulela.
10 Ngako ngi te, Ngi laleleni;
Nami ngo ni tshengisa ukwazi kwami.

11 Bhekani, ngi hlalele amazwi enu,
Nga bek'indhlebe ekuqondiseni kwenu,
Ni sa pendhla eni za kukusho.
12 Yebo, ngi nakekele kini,
Bhekani, be ku ngeko kini na munye owamahlulayo uJobe,
No pendule amazwi ake.
13 Xwayani, funa ni ti, Si fumene ukuhlakanipa;
UNkulunkulu a nga m pepula, umuntu a ngeke.
14 Ngokuba a wa hlelelanga nga kimi amazwi ake;
A ngi yi kumpendula ngamazwi enu.

15 Ba ya kungateka, a ba sa penduli:
Ba pelelwa amazwi.
16 Ma ngi ba hlalele yini, loku a ba kulumi?
Loku be mi nje, a ba sa penduli na?
17 Nami ngi ya kupendula okwami,
Ngi tshengise ukwazi kwami.
18 Ngokuba ngi gcwele amazwi;
Umoya pakati kwami u ya ngi xina.
19 Bheka, isifuba sami si njengewayini eli nge na mbobo;
Se si lungele ukuquma njengezimvaba ezintsha.
20 Ngi ya kukuluma, ukuba ngi hlumeleleke;
Ngi ya kuvula umlomo wami, ngi pendule.
21 Ma ngi nga keti ubuso bomuntu;
Ma ngi nga topi muntu.
22 Ngoba a ngi kwazi ukutopa;
Ngokwenze njalo uMenzi wami a nga ngi susa masinyane.

33 Kepa Jobe, a ke u lalele inkulumo yami,
U wa bekele indhlebe onke amazwi ami.
2 Bhekake, se ngi vulile umlomo wami;
Ulimi lwami lu kulumile emlonyeni wami.
3 Amazwi ami a ya kuba okwobuqoto benhliziyo yami;
Loko okwaziwa umlomo wami u ya kukukuluma ngesiminya.
4 Umoya ka Nkulunkulu u ng'enzile,
Ukupefumula ku ka Somandhla ku ngi nika ukupila.
5 Uma u namandhla, ngi pendule;
Hlela amazwi ako pambi kwami, u me.
6 Bheka, mina ngi njengawe nga ku Nkulunkulu:
Nami ngi bunjwe ngebumba.
7 Bheka, amavuso ami a ka yi kukutwetwezelisa,
Nokucindezela kwami a ku yi kukusinda.

8 Impela u kulumile ezindhlebeni zami,
Ngi zwile amazwi owakulumileyo, u ti,
9 Ngi hlanzekile, a ngi na sipambuko;
Ngi mhlope, a liko icala kimi:
10 Bheka, u fumana amatuba ngami,
U ngi shaya isita sake;
11 U faka izinyawo zami esitokisini,
A qapele imihambo yonke yami.
12 Bheka, ngi ya kukupendula, ku loku a u lungile;
Ngoba uNkulunkulu mukulu kunomuntu.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U ti, uNkulunkulu u kuluma ngamapupo, ngezifo na ngezitunywa.

13 U pikisanelani naye?
Ngoba ka landi na yipi yezindaba zake?
14 Ngoba uNkulunkulu u ya kuluma kanye,
Yebo kabili, nokuba umuntu e nga ku naki.
15 Ngepupo, na ngombono wobusuku,
Lapo abantu b'ehlelwa ubutongo obunzima,
Ekwozeleni embedeni;
16 Konake u vula izindhlebe zabantu,
A ku beke upau ukulaywa kwabo.
17 Ukuba a pambukise umuntu ecebweni lake,
A vimbele indoda ekuzidhleni;
18 U nqanda umpefumulo wake egebeni,
Nokupila kwake ku nga bubi ngomkonto.

19 U shaywa ubuhlungu embedeni wake,
Ku kona ukulwa okungapeliyo ematanjeni ake;
20 Inhliziyo yake i canulwa ukudhla,
Nompefumulo wake ukudhla okumnandi.
21 Inyama yake i ya dhleka i ze i nga bi i sa bonwa;
Amatambo ake a kade e nga bonakali, a vele obala.
22 Yebo, umpefumulo wake u sondela egebeni,
Nokupila kwake ku babulali.

23 Uma ku kona ingelosi kuye,
Umkumusheli, e munye enkulungwaneni,
Ukutshela umuntu okumlungeleyo;
24 Konake uNkulunkulu u nomusa kuye, u ti,
M kulule a ng'ehleli elibeni,
Ngi fumene inhlaulelo.
25 Inyama yake i ya kuba ntsha kun'eyomntwana;
U ya kupindela emihleni yobusha bake.
26 U ya ncenga uNkulunkulu a be nesisa kuye,
A buye a bone ubuso bake ngokuhlokoma:
U ya buyisela ku muntu ukulunga kwake.
27 U ya hlabelela pambi kwabantu, u ti,
Ng'onile, nga zombezisa oku te ntse,
A kwa ngi siza nga luto:
28 U hlengile umpefumulo wami, ukuba u nga dhluleli egebeni;
Amehlo ami a ya kubona ukukanya ngi pilile.

29 Bheka, konke loku uNkulunkulu u ya kwenza,
Kabili, yebo katatu, ku muntu,
30 Ukubuyisa umpefumulo wake egebeni,
Ukuba a kanyiswe ukukanya kwabapilayo.
31 Geq' indhlebe Jobe, u ngi lalele.
Tula u ti du, ngi za kukuluma.
32 Uma u namazwi wo ngi pendula:
Kuluma ngokuba ng'enamele ukukuteta.
33 Uma u nge nawo, ngi lalele:
Tula u ti du, ngo ku fundisa ukuhlakanipa.

34 Futi uElihu wa pendula, wa ti,
2 Yizwani inkulumo yami, nina bahlakanipileyo;
Ni beke indhlebe kimi, nina eni nokwazi.
3 Ngokuba indhlebe i ya vivinya amazwi,
Njengokuba ulwanga lu nambita ukudhla.
4 Ma si ziketele okufaneleyo:
Ma si kwazi pakati kwetu okulungileyo.
5 Ngoba uJobe u te, Mina ngi lungile,
UNkulunkulu u susile ilungelo lami:
6 Na pezu kwelungelo lami ngi shaywa o namanga;
Inxeba lami a li na kupola, noma ngi nge na sipambuko.
7 Umupi umuntu o fana noJobe,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U kuza uJobe ngokumsola kwake uNkulunkulu. U ya m vikela.

O puza usulu njengamanzi,
8 O hamba umdibi nab'enza okubi,
O hambisana nabantu aba ngamashinga,
9 Ngoba u te, A ku sizi luto
Ukuba umuntu a kolane no-Nkulunkulu.

10 Ngako ngi laleleni nina bantu bengqondo:
A ku be kude noNkulunkulu ukuba a nga shinga,
Na ku Somandhla ukuba enze ububi.
11 Ngokuba u ya kuvuza umuntu ngokokwenza kwake,
Enze ukuba umuntu a fumane ilowo njengemihambo yake.
12 Yebo, impela, uNkulunkulu a ka yi kushinga,
USomandhla a ka yi kupundukisa ukwahlulela.
13 Wa miswa ubani ukuba a pate umhlaba?
Ubani owa hlela izwe lonke na?
14 Uma e beka inhliziyo yake ku yena,
Uma e zibutela umoya wake nokupefumula kwake,
15 Inyama yonke i ya kufa kanye-kanye,
Umuntu a buyele otulini.

16 Uma pela u nengqondo, yizwa loku:
U wa bekel'indhlebe amazwi engiwakulumayo.
17 Imbala o zonda ukwahlulela okulungileyo u ya kubusa na?
U ya kumlahla olungileyo, o namandhla na?—
18 Oshoyo enkosini ukuti, Wena u ihatanga,
Na kuwo amakosana, Ni amashinga;
19 O nga keti ubuso bezikulu,
Nonganakiyo abacebileyo kuna-bampofu;
Ngokuba bonke ba umsebenzi wezandhla zake.
20 Ba ya fa nje ngokupazima kweso, na pakati kwobusuku;
Abantu ba dikizeliswa, ba nya-malale,
Aba namandhla ba ya suswa si ngeko isandhla.

21 Ngoba amehlo ake a kuzo izi-ndhlela zomuntu,
U ya bona ukuhamba konke kwake.
22 A kuko ubumnyama, a liko netunzi lokufa,
Lapo ab'enza okubi be nga casha kona.
23 Ngokuba ka dingi ukuba a de e cabanga ngomuntu,
Ukuba a ye pambi ku ka Nkulunkulu ekwahluleleni.
24 U ya vitiza aba namandhla, ngezindhlela ezi nge na kuhlolwa,
U misa abanye ezikundhleni zabo.
25 Ngako u ya qaza imisebenzi yabo;
U ya ba gumbuqela ebusuku, ba cotshozwe.
26 U ya ba mukula njengamashinga
Endaweni yezibukeli;
27 Ngokuba ba pambuka ekumla-ndeleni,
Be nga kataleli zonke izindhlela zake:
28 B'enza ukuba ukukala kwompofu ku fike kuye,
W'ezwa ukukala kwohlupekayo.
29 Nxa e zolisa, ubani o nga lahla?
Lapo e sita ubuso bake, ubani o nga m bona?
Noma kwenziwa esizweni noma ku muntu, ku ya fana:
30 Ukuba umuntu o isixwala a nga busi,
Ku nga biko ocupayo abantu.

31 U kona yini o te ku Nkulu-nkulu,
Ngi twale ukushaywa, a ngi sa yi kwona:
32 Loku engingakuboniyo, ngi fundise kona:
Uma ng'enzile ububi, a ngi sa yi kupinda?
33 Umvuzo wake u ya kuba njengokutanda kwako, ukuba u wu nqabe na?

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U ti uJobe u ya hlubuka; u zenza olungileyo; u ya ziqenya.

Ngoba ko keta wena, ngi nga keti mina:
Ngako kuluma okwaziyo.
34 Abantu aba nengqondo ba ya kuti kimi,
Yebo, bonke abahlakanipileyo abangizwayo:
35 UJobe u ya kuluma e nge na kwazi,
Amazwi ake ka hlakanipile.
36 Sengati uJobe a nga vivinywa ku ze ku be sekupeleni,
Ngenxa yokupendula kwake njengabantu ababi.
37 Ngoba u y'enezela ukuhlubuka esonweni sake;
U shaya ihlombe pakati kwetu,
Andise amazwi ake ngoNkulunkulu.

35 UElihu wa buya wa pendula, wa ti,
2 U cabanga u ti loko ku ilungelo lako,
U ti, Ukulunga kwami ku ya dhlula oku ka Nkulunkulu na?
3 Ukuba u ti, Ku ya kukusiza ngani?
Ngi za kuzuzani kuna loko e be ngi ya kukuzuza uma be ng'onile?
4 Ngi ya kukupendula ngamazwi,
Wena nabangane bako.
5 Bheka amazulu, u bone;
U buke isibakabaka, si pakeme kunawe.
6 Uma wonile, u sebenzani nga kuye?
Noma izipambuko zako z'anda, wenzani kuye na?
7 Uma u lungile u m nikani na?
Wamkelani yena esandhleni sako na?
8 Ukushinga kwako ku nga limaza umuntu o njengawe;
Ukulunga kwako ku nga siza indodana yomuntu.

9 Ngenxa yobuningi bokahlo ku ya kalwa;
Ba kalela usizo ngenxa yengalo yabakulu.
10 Kepa a muko o ti, Upi uNkulunkulu uMenzi wami?
O nika amahubo ebusuku,
11 Osifundisayo ngapezu kwezilwane zomhlaba,
No s'enza si hlakanipe kunezinyoni zezulu?
12 Lapoke ba ya kala, ka muko opendulayo,
Ngenxa yokuzidhla kwabantu ababi.
13 Impela uNkulunkulu a ka yi kuzwa oku ize,
USomandhla a ka yi kukunaka.
14 Po, kakulu kangakanani uma u ti a ngi m boni,
Icala li pambi kwake, u ya m hlalela!
15 Kepa kaloku, ngokuba e nga ku hambeli ngolaka lwake,
E nga naki kakulu ukuziqenya kwako;
16 Ngako uJobe u vulela ize umlomo wake;
U y'andisa amazwi e nge na kwazi.

36 UElihu wa quba futi, wa ti,
2 A u kahle, ngi ku tshengise;
Ngokuba ngi se namazwi okumela uNkulunkulu.
3 Ngi ya kulanda kude ukwazi kwami,
Ngi nike uMenzi wami ukulunga.
4 Ngokuba impela amazwi ami a siwo amanga;
Opeleleyo ekwazini u kona kuwe.
5 Bheka, uNkulunkulu mkulu, ka deleli muntu:
Mkulu emandhleni engqondo.
6 Ka londi ukupila kweshinga,
U ya nika abahlupekayo ilungelo labo.
7 Ka wa susi amehlo ake kwabalungileyo:
U ya ba hlalisa namakosi a sesihlalweni sobukosi
Ku ze ku be nini, ba ya pakanyiswa.
8 Uma be boshwa ngamakatanga,
Be bajiwe izintambo zokuhlupeka;
9 Konake u ya ba bonisa umsebenzi wabo,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U bonakalisa usizo lokuhlupeka, u ti uJobe ma ka zitobe.

Nezipambuko zabo ukuti ba qoshile.
10 U vulela izindhlebe zabo ekulayweni,
U ti ma ba buye ebubini.
11 Uma be lalela, be m konza,
Ba ya kuqedela enhlanhleni imihla yabo,
Neminyaka yabo ebumnandini.
12 Kepa uma be nga laleli, ba ya kububa ngomkonto,
Ba fe be nge na kwazi.
13 Kepa aba xwale ezinhliziyweni, ba bekelela ulaka:
A ba kaleli usizo ekubabopeni kwake.
14 Ba fa be se basha,
Ukupila kwabo ku pela pakati kwabangcolileyo.
15 U ya kulula ohlupekayo ngokuhlupeka kwake,
A vule izindhlebe zabo ekubandezelweni.
16 Yebo, wa e ya kukuwota u pume osizini
U ye endaweni e banzi, lapo ku ngeko ukunyinyeka;
Na loku okubekiweyo etafuleni lako nga ku nona kakulu.

17 Kepa wena u gcwele ukutetwa kwecala lamashinga:
Ukutetwa kwecala nokwahlulela ku ya ku bamba.
18 Ngokuba ukufuteka ma ku nga ku vusi ukuba u melane nokumukulwa;
U nga cezukiswa ngobukulu besihlaulelo.
19 Ukukala kwako ku ya kwanela ukuba u nga bi sosizini,
Nokuqina konke kwamandhla ako na?
20 U nga kefuzeleli ubusuku,
Lapo izizwe zi nqunywa ezindaweni zazo.
21 Qapela, u nga bhekisi ubuso bako ebubini:
Ngokuba u kete loko kunokuhlupeka.
22 Bheka, uNkulunkulu u ya zipakamisa ngamandhla ake:
Ubani ofundisayo njengaye na?
23 Ubani o m misele indhlela yake?
Ubani o nga ti, Wenze okungalungile na?

24 Kumbula u kulise umsebenzi wake,
Aba hlabelela ngawo abantu.
25 Abantu bonke ba wu bukile;
U kangelwa abantu be kude.
26 Bheka, uNkulunkulu mkulu, a si m azi;
Umumo weminyaka yake, a u na kuhlolwa.
27 U ya w'enyusa amatonsi amanzi,
A fafaza imvula ngenkungu yake,
28 E tuntululwa isibakabaka
E tonsela pezu kwabantu kakulu.
29 Yebo, u kona o nga qonda ukwenekwa kwamafu,
Nezindumo zedokodo lake na?
30 Bheka, u y'eneka ukukanya kwake nga kuye;
U ya sibekela ubupansi bolwandhle.
31 Nga lezi zinto u ya teta icala lezizwe;
U ya pa ukudhla kakulu.
32 U ya sibekela izandhla zake ngonyazi,
A lu yale ukuba lu shaye enxebeni.
33 Umsindo walo u ya landa ngaye,
Nezinkomo zi bika isivunguvungu esifikayo.

37 Yebo, ngenxa ya loku inhliziyo yami i ya tutumela,
I ya gquma i suke endaweni yayo.
2 Yizwani, yizwani indumo yezwi lake,
Nokuvungazela oku puma emlonyeni wake.
3 U ya ku pumisela ngapansi kwezulu lonke,
Nonyazi lwake lu ye ekugcineni kwomhlaba.
4 Emva kwalo li ya bhonga izwi;
U ya duma ngezwi lobudhlondhlobala bake,
Ka lu tibeli, lapa ku zwakala izwi lake.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ma kazise ubukulu bu ka Nkulunkulu.

5 UNkulunkulu u ya duma ngokumangalisayo ngezwi lake;
Wenza izinto ezinkulu esi nge na kuzazi.
6 Ngoba u ti ku ngqoqwane,
Kitika emhlabeni;
Na sezihlambini zemvula,
Na sezihlambini zemvula yake e namandhla.
7 U ya valela ngopau isandhla sabantu bonke,
Ukuba bonke abantu abenzileyo ba kwazi.
8 Konake izilwane zi ya ngena emipandwini,
Zi hlale emihumeni yazo.
9 Ekamelweni la seningizimu ku vela isivunguvungu,
Namakaza nga senyakato.
10 Ngokupefumula ku ka Nkulunkulu ku vela iqwa;
Ububanzi bamanzi bu nyinyeke.
11 Yebo, u y'etwesa izingqimba zamafu ngokuswakama;
U ya sabalalisa ifu lonyazi lwake:
12 A ya penduka ngokuqondisa kwake,
Ukuba enze loko akushoyo kuwo
Ebusweni bomhlaba owakiweyo,
13 Noma li ba induku, noma li ba elezwe lake,
Noma li ba elesihau, ukuba a li fikise.

14 Bek'indhlebe ku loku, Jobe:
Yima u qonde imimangaliso ka Nkulunkulu.
15 U y'azi yini ukubeka ku ka Nkulunkulu izwi lake pezu kwawo,
Ku baneke unyazi lwefu lake?
16 U y'azi yini ukulinganiswa kwamafu,
Imimangaliso yopeleleyo ekwazini na?
17 Nokuba izingubo zako zi fudumele ngani,
Lapo umhlaba u te kutu ngomoya wa seningizimu na?
18 U ya kwazi ukweneka naye isibakabaka,
Esi qinile, kuhle kwesibuko esincibilikisiweyo na?

UJehova u pendula uJobe.

19 Si fundise esi ya kukusho kuye;
Ngokuba si nge hlele amazwi etu ngenxa yobumnyama.
20 U ya kutshelwa yini yena ukuti ngi za kukuluma?
Umuntu u ya sho yini ukuti ma ka gwinywe?

21 Kaloku abantu a ba boni ukukanya okukazimulayo esibakabakeni;
Kepa umoya u ya dhlula, li se.
22 Nga senyakato ku vela inkazimulo yegolide:
UNkulunkulu u nabo ubukosi obesabekayo.
23 USomandhla, si nge m fumane:
Mkulu emandhleni;
Na sekwahluleleni, na sekulungeni okukulu a ka yi kuhlupa.
24 Ngako abantu ba ya m esaba:
A ka naki muntu o hlakanipile enhliziyweni.

38 Konake uJehova wa pendula uJobe e semoyeni wesipepo, wa ti,
2 Ubani lo o fipaza isiluleko
Ngamazwi a nge na kwazi?
3 Binca ukalo lwako njengendoda:
Ngi za kukubuza, u ng'azise.
4 Wa upi lapo ngi beka izisekelo zomhlaba
Yisho, uma wazi, u qonda.
5 Ubani owa nquma izilinganiso zawo, uma wazi?
Ubani ow'elula intambo pezu kwawo na?
6 Izisekelo zawo za gxiliswa ku kupi na?
Ubani owa beka itshe legumbi lawo,
7 Ekwenaneleni kwezinkanyezi zokusa kanyekanye,
Na sekuhlokomeni kwamadodana onke ka Nkulunkulu na?

8 Ubani owa valela ulwandhle ngezicabha,
Lapa lwa boboka, sengati lu puma esiswini;
9 Lapo ng'enza amafu a be isambato salo,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U ti, uJobe a kazi ukuhlelwa kwokukanya nemvula nezulu lonke.

Nobumnyama obute mbe bu be imbeleko yalo,
10 Nga lu dwebela umudwa wami,
Nga misa imivalo nezicabha,
11 Nga ti, U ya kufika lapa, u nga dhluli;
Ukuzidhla kwamaza ako ku ya kukaula lapa.

12 Seloku kwa qala imihla yako, wa ke wa ku yala ukusa na?
Wa w'azisa umtende wokusa indawo yawo;
13 Ukuba wona u bambe imikaulo yomhlaba,
Amashinga a tuntutwe kuwo na?
14 Umhlaba u guqulwa njengebumba pansi kwopau;
Konke ku mi obala njengesambato:
15 Amashinga a nqatshelwe ukukanya kwawo,
Nengalo epakemeyo yapuliwe.

16 U ngenile emitonjeni yolwandhle na?
U hambile ezingoningonini za kwa totololo;
17 Amasango okufa wa w'ambulelwa;
Wa bona amasango etunzi lokufa na?
18 Ububanzi bomhlaba u bu qondile na?
Yisho, uma u kwazi konkana.

19 Ipi indhlela e ya ekaya lokukanya;
Nobumnyamake ipi indawo yabo na?
20 Ukuba u bu yise emkaulweni wabo,
Nokuba u qonde imigudu e ya endhlini yabo na?
21 Angiti u y'azi, ngokuba wa se u zelwe,
Umumo wemihla yako mkulu!
22 U ngenile ezindhlini zengcebo zi ka ngqoqwane,
U bonile izindhlu zengcebo zesicoto,
23 Engi zi godhlele isikati sosizi,
Nosuku lokulwa nolwempi na?
24 Ukukanya kwabiwa nga yipi indhlela,
Nomoya wa sempumalanga u hlakazeka ngayipi emhlabenii na?

25 Ubani owa dabulela isikukula umsele?
Nendhlela yonyazi lokuduma na?
26 Ukunisa imvula emhlabeni lapo ku ngeko muntu;
Na sehlane oku ngeko muntu kulo na?
27 Ukusutisa indawo ecitekileyo ne tiwe lohle,
Nokumilisa uhlaza na?
28 I noyise imvula;
Ubani owa zala amatonsi ombete na?
29 Iqwa la vela esiswini si ka bani,
Nesitwatwa sa sezulwini sa zalwa ubani na?
30 Amanzi a casha kungati a ngamatshe,
Nobuso ba kwa totololo bu lala ungqoqwane.

31 U nga bopa amakatanga esiLimela,
U tukulule izibopo za oNdwenjana na?
32 U nga pumisa oMazaroti ngesikati sabo,
U nga kapa iBere nabantwana balo na?
33 U ya z'azi izimiso zezulu,
U nga misa ukubusa kwazo emhlabeni na?

34 U nga pakamisela izwi lako emafwini,
Ukuze ubuningi bamanzi bu ku sibekele na?
35 U nga tumela izinyazi, ukuba zi hambe
Zi ti kuwe, Si kona, na?
36 Ubani owa beka ukuhlakanipa ngapakati,
Nowa nika inhliziyo ukuqonda na?
37 Ubani o nga bala amafu ngokuhlakanipa?
Ubani o nga tulula izimvaba zezulu na?

Digitized by Google Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

A kazi imikuba yamagogo, nembongolo, nenyati nentshe nehashi

38 Lapo utuli lu bumbeka lu be isigaxa,
Amagade a namatelane na?

39 U nga zingelela ibubesikazi inyamazane,
U sutise ipango lamabhongo ezingonyama na?
40 Lapo e lala emihumeni yawo,
E hlezi ehlozini e qamele na?
41 Ubani o lungisela igwababa ukudhla kwalo,
Lapo amapupu alo e kala ku Nkulunkulu,
E zulazula ngokuswela ukudhla na?

39 U ya s'azi isikati sokuzala kwamagogo esiwa;
U nga qapela ukuzuza kwezindhluzelekazi na?
2 U nga bala izinyanga eziziqedayo na?
U ya s'azi isikati ezi zala ngaso na?
3 Zi ya konkobala, zi pumise amazinyane azo,
Zi kipe imisiko yazo.
4 Amazinyane azo a ya qina, a kulele endhle;
A y'aluka a nga be e sa buya futi.

5 Ubani owa dedela imbongolo ya sendhle i kululeke;
Ubani owa tukulula izibopo zembongolo e nejubane na?
6 Eng'enza ihlane li be indhlu yayo,
Nezwe li ka saoti li be ikaya layo na?
7 I ya hleka amaxokoxoko omuzi,
A i zwa ukukuza kwomshayeli.
8 Isikungo sa sezintabeni si idhlelo layo,
I funa okuluhlaza konke.
9 Inyati yo vuma ukukukonza,
I hlale nga semkombeni wako na?
10 U nga yi bopela inyati ngegoda layo emseleni;
I ya kubhuqa izigodi emva kwako na?
11 U ya kuyetemba, ngokuba amandhla ayo makulu;
U ya kushiya isitukutuku sako kuyo na?
12 U ya kukolwa iyo, ukuba i ya kugodusa imbeu yako,
I butele esibuyeni sako na?

13 Amapiko entshe a ya papaza;
Kepa a ngamakombe esihau nezimpape zaso na?
14 Ngoba i shiya amaqanda ayo emhlabatini,
I wa fudumeza otulini,
15 I ya kohlwa ukuba unyawo lu nga wa coboza,
Nesilwane sa sendhle si nga wa nyatela.
16 I wa pata kalukuni amazinyane ayo, sengati a siwo awayo:
Ku nga ze ku be ize isitukutuku sayo, a i na luvalo;
17 Ngokuba uNkulunkulu u yi putisele ukuhlakanipa,
A ka y'abelanga ingqondo.
18 Ngesikati e bhakuza ngaso i suke,
I hleka ihashi nomkweli walo.

19 Ihashi li nikwa uwe ubuqwaga balo na?
U y'ambatisile intamo yalo ngomhlwenga oyepuzelayo na?
20 U l'enzile ukuba li xume njengenkumbi na?
Udumo lokutimula kwalo lu banga ivuso.
21 Li panda esigodini, li jabula ngamandhla alo:
Li ya puma ukuhlangabeza abahlomileyo.
22 Li hleka oku leta uvalo, a l'etuki;
A li buyi pambi kwenkemba.
23 Isambo si ya kwehlezela kulo,
Umkonto okazimulayo nengcula.
24 Ngokutukutela kwalo na ngolaka lwalo li ya gwinya umhlabati;
Ka li mi nxa ku kala icilongo.
25 Ekuzwakaleni kwecilongo njalo li ti, Nakoke!
Li hogela ukulwa ku se kude,
Indumo yezinduna, nokuhlokoma.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nonhloyile nenqe. UJehova u qoqoza uJobe. Amandhla emvubu.

26 Unhloyile u ya ndiza ngokuhla-
kanipa kwako,
Welula amapiko ake nga seningi-
zimu na?
27 Inqe lenyukela pezulu ngezwi
lako,
Lenze isidhleke salo pezulu na?
28 Li hlala esiweni, laka kona,
Esiqongweni sesiwa, endaweni e
inqaba.
29 Li lapo, li cinga ukudhla kwalo;
Amehlo alo a ku bona ku kude.
30 Amapupu alo a munca igazi:
Lapa ku kona ababuleweyo, li
kona nalo.

40 Futi uJehova wa pendula
uJobe, wa ti,
2 Osolayo u ya kubambana no-
Somandhla na?
O pikisana noNkulunkulu, ma
ka ku pendule.

3 UJobe wa s'e pendula uJehova,
wa ti,
4 Bheka, a ngi nto ya luto; ngi
za kukupendula ngi tini na?
Ngi beka isandhla sami emlonyeni
wami.
5 Se ngi kulumile kanye, a ngi yi
kupendula;
Yebo, na kabili, a ngi yi kuqu-
bekela pambili.

6 Konake uJehova wa pendula
uJobe e semoyeni wesipepo, wa ti,
7 Sal'u su binca ukalo lwako
njengendoda:
Ngi za kukubuza, u ng'azise.
8 Imbala u ya kushafisa ukwahlu-
lela kwami na?
U ngi lahle, ukuba u tetwe wena
na?
9 U nengalo e njenge ka Nkulunku-
lu na?
U nga duma ngezwi njengaye
na?

10 Zivunulise ngobudhlondhlobala na
ngokupakama;
Wambate ukutuseka nobukosi.
11 Tulula ukupupuma kwentuku-
telo yako;
U bheke bonke abazidhlayo, u ba
tobise.
12 Bheka bonke abazidhlayo, u ba
vove;
U nyatele amashinga lapa emi
kona.
13 Ba tukuse otulini kanyekanye;
U bope ubuso babo endaweni
etukusekileyo.
14 Be se ngi vumake ngawe
Ukuba isandhla sako sokunene
si nga ku sindisa.

15 Bhekake imvubu, enga y'enza
kanye nawe;
I ya dhla utshani njengenko-
mo.
16 Bhekake, amandhla ayo a soka-
lweni lwayo,
Nokuqina kwayo ku sezinya-
meni zesisu sayo.
17 I ya tshikiza umsila wayo njengo-
msedare:
Imisipa yamatanga ayo yalukene.
18 Amatambo ayo a njengemibhobho
yetusi;
Izimbambo zayo zi njengemi-
valo yensimbi.

19 Iyona enkulu yezindhlela zi ka
Nkulunkulu:
Uyena kupela owayenzayo o yi
nika inkemba.
20 Impela izintaba zi ya yi vezela
ukudhla,
Lapo ku dhlala kona izilwane
zonke za sendhle.
21 I ya lala pansi kwemitolo,
I casha emhlangeni, na semaxa-
pozini.
22 Imitolo i ya yi sita ngomtunzi
wayo;
Iminyezane yomfula i ya yi
pahla.
23 Bheka, uma ku pupuma umfula,
a i yayateki;
Noma iJordan li kukumala li ze
li be semlonyeni wayo, i ya
qalaba nje.
24 I nga banjwa yini i bhekile
njena,
Ikala layo li nga qunjuselwa
umkala na?

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amandhla engwenya a bonakalisa ubukosi bu ka Nkulunkulu.

41 U nga donsa ingwenya ngodobo na?
U cindezele pansi ulimi lwayo ngentambo na?
2 U nga faka igoda ekaleni layo na?
U bobose umhlati wayo ngengwegwe na?
3 I nga nxusa kaningi kuwe?
I kulume amazwi atambileyo kuwe na?
4 I ng'enza isivumelwano nawe,
Ukuba u yi tate i be isigqili ku ze ku be nini na?
5 U nga dhlala nayo njengenyoni na?
U yi bope i be eyamantombazana ako na?
6 Izigaba zabalobi zi nga tengisa ngayo,
Zi y'abe pakati kwabatengi na?
7 U nga gcwalisa isikumba sayo ngezinhlendhla,
Nenhloko yayo ngethatha lezinhlanzi na?
8 A k'u beke isandhla sako kuyo;
Kumbula loko kulwa, u nga be u sa pinda.
9 Bheka, ukwetembela yona ku amanga:
Angiti umuntu u ya kubambalazeka e sa yi bona na?
10 A muko o nesibindi sokuyivusa;
Ubanike po o ng'ema pambi kwami na?
11 Ubani owa qala wa ngi nika, ukuba ngi m kokele na?
Konke oku ngapansi kwezulu lonke ku ngokwami.
12 A ngi yi kutula ngezito zayo,
Na ngendaba yobuqwaga bayo, nokuma kwayo okuhle.
13 Ubani o nga hlubula isambato sayo esi ngapandhle?
Ubani o nga ngena pakati kwemihlati yayo emibili?
14 Izicabha zobuso bayo, ubani o nga zi vula na?
Inxa zonke zamazinyo ayo ku banga ivuso.
15 I ya zigqaba ngezingqwegqwe zayo ezi namandhla,
Zi hlanganisiwe njengokuvala kwopau olucindezelweyo.
16 Zi sondelene olunye kwolunye,
Ku nge ngene umoya pakati kwazo.
17 Zi namatelene olunye kwolunye;
Zi bambene a zi na kwahlukaniswa.
18 Ukutimula kwayo ku ya bengezela ekukanyeni,
Amehlo ayo a njengemitende yokusa.
19 Emlonyeni wayo ku puma izihlanti ezivutayo,
Nezinhlansi zomlilo zi ya qasha.
20 Emakaleni ayo ku puma umusi,
Njengembiza ebilayo nencema eshayo.
21 Ukupefumula kwayo kwokela amalahle,
Ilangabi li puma emlonyeni wayo.
22 Entanyeni yayo ku hlala amandhla,
Konke ku xuma pambi kwayo ku novalo.
23 Inyama yamanya ayo i hlangene:
A qinile kuyo; a ka na kunyakaziswa.
24 Inhliziyo yayo i qinile njengetshe;
Yebo, i qinile njengetshe lokusila.
25 Ekuvukeni kwayo, abakulu ba ba novalo:
Ngenxa yokusambateka ba ya gcwaneka.
26 Uma i fikelwa ngenkemba, a i bambeleli.
Noma umkonto, nomcibisholo, nengcula.
27 Insimbi, i yi shaya utshani,
Netusi, ibunga.
28 Umcibisholo a u na kwenza ukuba i baleke:
Amatshe elengiso a penduka izibi kuyo.
29 Amawisa i wa shaya izibi:
I ya hleka ukutshikiza kwengcula.
30 Ingapansi layo ku fana nezindengezi ezibukali:
I y'enabalala, ku be kungati ku lale isibhulo obishini.
31 Yenza ku bile ekujuleni njengembiza:

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UJobe u vuma icala lake. UJehova u lahla izihlobo u teta uJobe.

Yenza ulwandhle lu be njengehlala lamafuta.
32 Yenza umgudu u kazimule emva kwayo;
Umuntu a nga ti utotololo u ngwevu.
33 Emhlabeni a kuko oku fana nayo,
Yona ey'enziwa i nga bi nokwetuka.
34 I ya kubona konke okupakemeyo:
I inkosi pezu kwamadodana onke okuzikukumeza.

42 UJobe wa s'e pendula uJehova, wa ti,
2 Ngi y'azi, u nga kwenza konke,
A kuko cebo lako eli nga vinjelwa.
3 Ubani lo o siteza isiluleko e nge na kwazi na?
Ngakoke ngi vezile loko e be ngi nga ku qondi,
Okumangalisayo kimi e be ngi nga kwazi.
4 Ma u zweke, ngi zo kuluma,
Ngi za kukubuza, u ng'azise,
5 Be ngi zwile ngawe ngokuzwa kwendhlebe;
Kepa kaloku iso lami li ya ku bona:
6 Ngako ngi ya zinenga,
Ngi penduka ngi sotulini na semloteni.

7 Kwa ti, uJehova se e kulumile lawa mazwi ku Jobe, wa ti uJehova ku Elifazi umTeman, Ulaka lwami lu ya vuta ngawe, na ngezihlobo zako ezimbili; ngoba a ni kulumanga okuqinisekileyo ngami, njengenceku yami uJobe. 8 Kalokuke, zitateleni amaduna a isikombisa nezinqama ezi isikombisa, ni ye encekwini yami uJobe, ni zinikelele umnikelo oshiswayo; inceku yami uJobe i ya kunitandazela; yena ngi ya kumamkela, ukuba ngi ng'enzi kini njengobuwula benu; ngokuba a ni ku kulumanga okuqinisekileyo ngami njengenceku yami uJobe. 9 UElifazi umTeman noBiledade umShuwa, noZofare umNaman ba hambake, b'enza njenga ku kuluma kubo uJehova: uJehova wa m amkela uJobe.

10 UJehova wa m buyisa ekutunjweni uJobe, lapo e tandazela izihlobo zake: uJehova wa mu pa ku pindwa kabili uJobe konke a be e nako kuqala. 11 Ba se be ya kuye bonke abafo wabo, nodade wabo bonke, nabo bonke aba b'azana naye kuqala, ba dhla ukudhla naye endhlini yake: ba m kalela, ba m kuza ngako konke okubi uJehova a be kwehlisele pezu kwake: kwa ilowo wa m nika uhlamvu lwemali, kwa ilowo icici legolide. 12 UJehova wa busisa ukupela ku ka Jobe kunokuqala kwake: wa ba nezimvu ezi izinkulungwane ezi ishumi nane, namakamelo a izinkulungwane ezi isitupa, na ombangqwa bezinkabi aba inkulungwane, nezimbongolo zezinsikazi ezi inkulungwane. 13 Futi wa ba namadodana a isikombisa, namadodakazi amatatu. 14 Wa qamba igama leyokuqala ngokuti uJemima; negama leyesibili ngokuti uKeziya; negama leyesitatu ngokuti uKerenhapuki. 15 Ezweni lonke a ku funyanwanga na munye kwabesifazana omuhle njengamadodakazi ka Jobe: uyise wa ba pa ifa pakati kwabane wabo. 16 Ngasemva kwa loko uJobe wa hamba iminyaka e ikulu namashumi amane, wa bona amadodana ake, namadodana amadodana ake, kwa za kwa ba izizukulwane ezine. 17 Wa fa-ke uJobe, e se mdala, e nezinsuku eziningi.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

AMAHUBO

INCWADI I

Olungileyo nomubi.

1 U busisiwe lowo muntu o nga hambi ngecebo lamashinga,
O ng'emi endhleleni yezoni.
O nga hlali enkundhleni yezitekuli:
2 Yena wenamela umteto ka Jehova;
U ya zindhla ngomteto wake imini nobusuku.
3 Yena wo ba njengomuti otshaliweyo nga semifuleni yamanzi,
O tela izitelo zawo ngesikati sawo,
O qabunga lawo a li buni;
Konke akwenzayo ku ya kuhlanhlazeleka.
4 Amashinga a ka njalo;
A njengamakoba a pepetwa ngumoya.
5 Ngakoke amashinga ka yikuma ekwahlulelweni,
Nezoni enhlanganweni yabalungileyo.
6 Ngokuba uJehova u ya yazi indhlela yabalungileyo;
Kepa indhlela yamashinga yo buba.

Ukubusa kwogcotshiweyo ka Jehova.

2 Yini ukuba izizwe zi xokozele,
Nabantu ba zindhle oku yize?
2 Amakosi omhlaba a zimisile,
Ababusi ba hlanganisa icebo,
Ukulwa noJehova, nogcotshiweyo wake, be ti,
3 Ma si gqabule izibopo zabo,
Si lahle kitina amagoda abo.
4 Yena o hlezi ezulwini u ya kuhleka;
Inkosi i ya kubahleka usulu.
5 And'uba i kulume kubo ngolaka lwayo,
I ba papatekise ngokufuteka kwayo.
6 Kanti ngi misile iNkosi yami
Entabeni yami engcwele iZiyon.

7 Ngi ya kulanda ngesimiso:
UJehova wa ti kimi, U yindodana yami wena;
Namhla ngi ku zele.
8 Cela kimi, ngi ku nike izizwe zi be ifa lako,
Namajukujuku omhlaba a be awako.
9 Wena wo ba vitiza ngentonga yensimbi;
U ba pahlaze njengesitsha sombumbi.

10 Kalokuke hlakanipani, nina makosi;
Ni laywe nina bahluli bomhlaba.
11 Konzani uJehova nesabe,
N'etabe ni tutumela.
12 Y'angeni iNdodana, funa i tukutele, ni bube endhleleni,
Ngokuba ulaka lwayo lu ya kuvuta masinyane.
Ba busisiwe bonke aba pepela kuyo.

Umtandazo wa kusasa w'o tembela ku Nkulunkulu.

Ihubo li ka Davida ekubalekeleni kwake uAbsalom indodana yake.

3 Jehova, yeka ukwanda kwabayimpi kimi!
Baningi abangivukelayo.
2 Baningi aba ti ngompefumulo wami,
A ka se na kusizwa nguNkulunkulu. [Sela
3 Kepa wena, Jehova, u isihlangu kimi;
Udumo lwami, n'o pakamisa ikanda lami.
4 Ngezwi lami ngi ya biza uJehova,
Yena u ya sabela e sentabeni yake engcwele. [Sela

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

5 Ngi lale pansi nga lala ubutongo;
Nga vuka; ngokuba uJehova u ya ngi pasa.
6 A ngi yi kwesaba izigidi zabantu
Abangivimbezelayo inxa zonke.
7 Vuka, Jehova; u ngi sindise, Nkulunkulu wami:
Ngokuba u shayile zonke izita zami emhlatini;
U w'apulile amazinyo amashinga.
8 Usindiso lu ngolu ka Jehova;
Isibusiso sako ma si be ku bantu bako. [Sela

Umtandazo wa kusihlwa w'o tembela ku Nkulunkulu.

Ku mhlonzi wokuhlabelela; ngogubu. Ihubo li ka Davida.

4 Sabela ekubizeni kwami, Nkulunkulu wokulunga kwami;
Ngi sosizini wa ng'enzela indawo e banzi;
Yiba nomusa kimi, u zwe umtandazo wami.
2 Madodana abantu, ko ze ku be nini udumo lwami lu penduka ihlazo?
Ko ze ku be nini ni tanda oku yize ni fune amanga? [Sela
3 Kepa yazini ukuba uJehova u z'ahlukanisele ongcwele:
UJehova u ya kuzwa lapa ngi m bizayo.
4 Yesabani, ni ng'oni:
Kulumani enhliziyweni yenu ni socansini lwenu, ni tule. [Sela
5 Nikelani imihlatshelo yokulunga,
Ni tembe ku Jehova.
6 Baningi aba ti, Ubani o ya kusibonisa okuhle na?
Si pakamisele ukukanya kwobuso bako, Jehova.
7 U yi tokozisile inhliziyo yami,
Kunokutokoza kwabo nxa kwandiswa amabele abo newayini labo.
8 Ngo lala pansi ngokutula, ngi lale ubutongo,
Ngokuba nguwe, Jehova, wedwa o ngi hlalisa ngokulondeka.

Umtandazo w'o cela ukuvikelwa kubo ababi.

Ku mhlonzi wokuhlabelela; ngeNehiloti. Ihubo li ka Davida.

5 Beka indhlebe emazwini ami, Jehova,
U qonde ukuzindhla kwami.
2 Lalela izwi lokukala kwami, Nkosi yami, Nkulunkulu wami;
Ngokuba ngi ya tandaza kuwe.
3 Jehova, u ya kulizwa izwi lami ekuseni;
Ekuseni ngi ya kuhlela umtandazo wami kuwe, ngi linde.
4 Ngokuba wena a u siye uNkulunkulu o wenamela ubushinga;
Okubi a ku yi kuti gozololo kuwe.
5 Abazigabisayo a ba yi kuma pambi kwamehlo ako:
U ya ba zonda bonke ab'enza okubi.
6 U ya kubabubisa aba kuluma amanga:
UJehova u ya nengwa umuntu wegazi nokohlisayo.
7 Kepa mina ngi ya kungena endhlini yako ekuvameni kwesihau sako:
Ngi ya kukuleka ngi bheke etempelini lako elingcwele ngokwesaba.
8 Jehova, ngi hole ngokulunga kwako ngenxa yezita zami;
U leleze indhlela yako pambi kwami.
9 Ngokuba a kuko okuqinisekileyo emlonyeni wazo;
Imbilini yazo i ngububi uqobo;
Umpimbo wazo u ituna elivulekileyo;
Zi ya topa ngolimi lwazo.
10 Zi twese icala Nkulunkulu;
Ma zi we ngamasu azo;
Zi dudule ngobuningi bezipambuko zazo;
Ngokuba zi hlubukile kuwe.
11 Kepa ma ba tokoze bonke aba pepela kuwe,
Ma b'enanele ku ze ku be nini, ngokuba wena u ya ba vikela;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ma betabe kuwe bona aba tanda igama lako.

12 Ngokuba wena wo busisa olungileyo;
Jehova, wo m pahla ngesisa njengesihlangu.

Umtandazo w'o cela umusa ngesikati sokuhlupeka.

Ku mhlonzi wokuhlabelela; ngezingubu, ku lungiselwe iSheminiti. Ihubo li ka Davida.

6 Jehova, ma u nga ngi soli u tukutele,
U nga ngi layi u futeka.
2 Yiba nomusa kimi, Jehova; ngokuba ngi wumile:
Ngi pilise, Jehova, ngokuba amatambo ami a ya hlakanyeka.
3 Nawo umpefumulo wami u ya hlakanyeka kakulu:
Kepa wena, Jehova, ko ze ku be nini na?
4 Buya, Jehova, u kulule umpefumulo wami:
U ngi sindise ngenxa yesihau sako.
5 Ngokuba a kuko ukukukumbula ekufeni:
ESheoli ubani o ya kukubonga na?
6 Ngi katele ngokugquma kwa mi;
Ngi swakamisa ukuko lwami njalo ebusuku;
Ngi manzisa umbede wami ngezinyembezi zami.
7 Iso lami li ya ncunzeka ngokudabuka;
Li ya guga ngenxa yabo bonke abayimpi kimi.
8 Sukani kimi nina nonke ab'enza okubi;
Ngokuba uJehova u zwile izwi lokulila kwami.
9 UJehova u zwile ukunxusa kwami;
UJehova u ya kwamkela umtandazo wami.
10 Izita zonke zami zi ya kujabiswa zi hlakanyeke kakulu:
Zi ya kubuyela emva, zi jabiswe, ngokupazima kweso.

Eli nxusa uJehova ukuba a vikele umLobi walo kubo ababi.

Ishigayon ka Davida, a yi hlabelelela uJehova mayelana namazwi ka Kushi umBenjamin.

7 Jehova, Nkulunkulu wami, ngi ya pepela kuwe:
Ngi sindise kubo bonke abangixoshayo, u ng'opule,
2 Funa ba dwengule umpefumulo wami njengengonyama,
Ba wu nikize ku ngeko owopulayo.
3 Jehova, Nkulunkulu wami, uma ngi kwenzile loku;
Uma ku kona ububi ezandhleni zami;
4 Uma ngi m vuze ngobubi yena o be hlezi ngokutula nami
(Yebo, ngi m kululile oyimpi ngeze kimi);
5 Isita ma si xoshe umpefumulo wami, si wu fice;
Yebo, ma si nyatele pansi ukupila kwami,
Si lahle pansi udumo lwami otulini. [Sela
6 Suka, Jehova, ngolaka lwako,
U pakame u lwe nentukutelo yabayimpi kimi;
Vuka u ngi mele; u misile ukwahlulela.
7 Inhlangano yezizwe ma i ku zungeze;
Ma u buyele pezulu u pezu kwayo.
8 UJehova u teta icala lezizwe:
Ng'ahlulele, Jehova, ngokulunga kwami, na ngokupelela kwami oku kimina.
9 Sengati ububi bamashinga bu nga pela, kepa ma u qinise olungileyo:
Ngokuba uNkulunkulu olungileyo u ya vivinya izinhliziyo nezinso.
10 Isihlangu sami si ku Nkulunkulu,
O sindisa abaqoto enhliziyweni.
11 UNkulunkulu u ngumahluli olungileyo,
Yebo, uNkulunkulu obhahayo izinsuku zonke.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

12 Uma umuntu e nga buyi, u ya kulola inkemba yake;
U gobisile umnsalo wake, u wu lungisile;
13 U m lungisele futi izikali zokufa;
U y'enza imicibisholo yake i be eshisayo.
14 Bheka, omubi u nemisiko ngobubi,
Yebo, u kulelwe ukuhxina, wa zala amanga.
15 U w'umbile umgodi, wa wu gumba,
Wa wela egebeni alenzileyo.
16 Ukuhxina kwake ku ya kubuyela pezu kwekanda lake,
Nobudhlova bake behlele okakayini lwake.
17 Ngo m bonga uJehova ngokwokulunga kwake,
Ngi hubele igama li ka Jehova oPezu Konke.

Ubukosi bu ka Jehova nesitunzi somuntu.

Ku mhlonzi wokuhlabelela; ku lungiselwe iGititi. Ihubo li ka Davida.

8 Jehova, Nkosi yetu,
Yeka ukudhlondhlobala kwegama lako emhlabeni wonke!
O beke udumo lwako pezu kwamazulu!
2 Emlonyeni wezingane nowabancelayo u zimisele amandhla,
Ngenxa yabayimpi kuwe,
Ukuze u tulise isita nopindisayo.
3 Lapo ngi bona izulu lako, umsebenzi weminwe yako,
Inyanga nezinkanyezi ozimisileyo;
4 Umuntu u yini, ukuba u m kumbule?
Nendodana yomuntu ukuba u yi hambe na?
5 U m silalise kancane ebuNkulunkulwini,
U m qelisile ngobukosi na ngokutuseka.
6 U m enzile a buse imisebenzi yezandhla zako;
U beke konke pansi kwezinyawo zake.
7 Izimvu nezinkomo zonke,
Yebo, nezilwane za sendhle,
8 Izinyoni zezulu, nezinhlanzi zolwandhle,
Nako konke okudabulayo ezindhleleni zolwandhle.
9 Jehova, Nkosi yetu,
Yeka ukudhlondhlobala kwegama lako emhlabeni wonke!

Ihubo lokubonga ukwahlulela ku ka Nkulunkulu.

Ku mhlonzi wokuhlabelela; ku lungiselwe iMuti-laben. Ihubo li ka Davida.

9 Ngo m bonga uJehova ngenhliziyo yonke yami;
Ngi balise ngemimangaliso yako yonke.
2 Ngo tokoza ngetabe kuwe;
Ngi hubele igama lako, wena oPezu Konke.
3 Ku ti ukuba zi buyele emva izita zami,
Zi kubeka zi bube ebusweni bako.
4 Ngokuba u sekele ilungelo lami nendaba yami;
U hlezi esihlalweni sobukosi wahlulela ngokulunga.
5 U zi kuzile izizwe, wa bubisa amashinga;
Wa hlangula igama lawo ku ze ku be nini na nini.
6 Zi pelile izita zi citekile ku ze ku be nini;
Imizi owayisipulayo,
Ukukunjulwa kwayo ku bubile nya.
7 Kepa uJehova u hlezi e inkosi ku ze ku be nini:
U lungisele isihlalo sake ukwahlulela;
8 U ya kwahlulela izwe ngokulunga,
A tete amacala abantu ngokute ntse.
9 Futi uJehova u ya kuba umboshongo opakemeyo wobandezelweyo,
Umboshongo opakemeyo ngezikati zosizi.
10 Ko ti ba tembe kuwe bona abalaziyo igama lako;
Ngokuba a u ba shiyanga abakufunayo, Jehova.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

11 M hubeleni uJehova, o hlezi eZiyon:
Ni lande ngezenzo zake ebantwini.
12 Ngokuba o buza ngegazi u ya ba kumbula;
A ka kohlwa ukukala kwabampofu.
13 Yiba nomusa kimi, Jehova;
Bheka inhlupeko yami e vela kwabangizondayo,
Wena o ngi pakamisa ngi semasangweni okufa.
14 Ukuze ngi balise ngayo yonke indumiso yako.
Emasangweni endodakazi ya seZiyon,
Ngi ya kwetaba ngosindiso lwako.
15 Izizwe zi shonile egebeni ezilenzileyo:
Eneteni ezi cupe ngalo unyawo lwazo lu bajiwe.
16 UJehova w'enza ukuba aziwe, wahlulela:
Ishinga li ya cushwa umsebenzi wezandhla zalo.
[Higayon. Sela
17 Amashinga a ya kubuyiselwa eSheoli,
Izizwe zonke ezi kohlwa uNkulunkulu.
18 Ngokuba impabanga a i yi kukohla njalo:
Netemba labampofu li bube ku ze ku be nini.
19 Vuka, Jehova; ma ku ng'ahluli umuntu:
Ma z'ahlulelwe izizwe emehlweni ako.
20 Zi misele ukwesaba, Jehova:
Izizwe z'azi ukuba zi ngabantu nje. [Sela

Umtandazo wokuba ababi ba citwe.

10 Jehova, u meleni kashana na?
U zisitezeleni ngezikati zosizi?
2 Ngokuzidhla kweshinga ompofu u ya jokwa;
Ma ba banjwe ngamacebo abawacebileyo.
3 Ngokuba ishinga li ya zigabisa ngemfiso yenhliziyo yalo,
Ohulazayo u ya tuka, yebo, u ya delela uJehova.
4 Ishinga ngokuzikukumeza kwobuso balo, li ti, Ka yi kufuna luto.
Imicabango yonke yalo i ti, A kuko Nkulunkulu.
5 Izindhlela zalo zi qinile ngezikati zonke;
Izahlulelo zako zi pakeme kakulu zi kude kulo:
Bonke abayimpi kulo li ya ba futela.
6 Li ti enhliziyweni yalo, A ngi yi kunyakaziswa;
Izizukulwane ngezizukulwane, ngi ng'o nga soze ehlelwa okubi.
7 Umlomo walo u gcwele ukuqalekisa, nenkohliso, nokubandezela;
Pansi kwolimi lwalo ku kona ukuhxina nobubi.
8 Li hlezi ezindaweni zokuqamela zemizana;
Ezindaweni ezisitekileyo li ya bulala o nge na cala;
Amehlo alo a zulumba umbunce.
9 Li qamele endaweni esitekileyo njengengonyama esikoselweni sayo;
Li ya qamela ukubamba ompofu:
Li ya m bamba ompofu se li m donsele eneteni lalo.
10 Li ya nyonyoba, li ti butalala,
Imibunce i ya wiswa amazipo alo.
11 Li ti enhliziyweni yalo: UNkulunkulu u kohliwe,
U ya sita ubuso bake, ka soze a ku bona.
12 Vuka, Jehova; u pakamise isandhla sako Nkulunkulu:
U nga kohlwa abampofu.
13 Yini ukuba ishinga li delele uNkulunkulu?
Li ti enhliziyweni yalo, A u yi kufuna luto.
14 U bonile wena; ngokuba wena u ya bheka ukuhxina nokucunukala ukukutabata esandhleni sako:

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umbunce u ya zinikela kuwe;
Wena u bu ngumsizi wenkedama.
15 Yapula ingalo yeshinga;
Omubi ma u hlole ubushinga bake, u ze u nga be u sa bu fumana.
16 UJehova u inkosi ku ze ku be nini na nini:
Izizwe zi bubile ezweni lake.
17 Jehova, wena u zwile imfiso yabatobileyo:
U ya kuzinzisa inhliziyo yabo, wenze indhlebe yako i lalele;
18 Ukuze wahlulele inkedama nobandezelweyo,
Ukuba umuntu o ngowomhlaba a nga be e se sabeka.

UJehova e yisipepelo nomvikeli.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. Ihubo li ka Davida.

11 Ngi ya pepela ku Jehova:
Ni sho ngani kuwo umpefumulo wami, ukuti,
Balekela entabeni yako njengenyoni;
2 Ngokuba, bheka, amashinga a goba umnsalo,
A nsala umcibisholo wawo entanjeni
Ukuba a cibishele ebumnyameni abaqoto ngenhliziyo.
3 Uma izisekelo zi dilizwa,
Olungileyo a ng'enzani?
4 UJehova u setempelini lake elingcwele;
UJehova, isihlalo sake sobukosi si sezulwini;
Amehlo ake a ya bheka, izinkope zake zi ya vivinya abantwana babantu.
5 UJehova u ya vivinya olungileyo;
Kepa ishinga n'o tanda ubudhlova, umpefumulo wake u ya li zonda.
6 Wo nisa pezu kwamashinga izingibe;
Umlilo nesibabuli nesivutevute, ku be isabelo sendebe yawo.
7 Ngokuba uJehova u lungile; u ya tanda ukulunga:
Oqoto u ya kubona ubuso bake.

UNkulunkulu, umsizi waba melana namashayakote.

Ku mhlonzi wokuhlabelela; ku lungiselwe iSheminiti. Ihubo li ka Davida.

12 Peleka, Jehova; ngokuba u ya pela ongcwele;
Ngokuba abatembekayo ba te nya ku bantwana babantu.
2 Ba kuluma amanga ilowo ku makelwane wake:
Ba kuluma ngomlomo otopayo, be nhliziyo'mbili.
3 UJehova wo nquma izindebe zemilomo yonke etopayo,
Ulimi olu kuluma izinto ezinkulu;
4 Aba te, Si ya kwahlula ngolimi lwetu;
Imilomo yetu i eyetu: ubani o inkosi pezu kwetu na?
5 Ngenxa yokubandezelwa kwabahlupekayo, nokububula kwabampofu,
Se ngi ya kuvuka, u sho uJehova;
Ngo m beka ekulondekeni akulubelayo.
6 Amazwi ka Jehova a ngamazwi acwebileyo;
A fana nesiliva eli hlanzisiwe esitandweni emhlabeni,
Li cwengiwe kakombisa.
7 Wena, Jehova, u ya kubagcina,
U ba vikele ku lesi sizukulwane, ku ze ku be nini.
8 Amashinga a ya zihambela inxa zonke,
Lapa se ku pakanyisiwe aba ngento ya luto pakati kwamadodana abantu.

Umtandazo w'o cela usizo ekuhlupekeni.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. Ihubo li ka Davida.

13 Ko ze ku be nini, Jehova? u ya kungikohlwa njalonjalo na?
Ko ze ku be nini u sita ubuso bako kimi na?
2 Ko ze ku be nini ng'enzelana amasu nompefumulo wami,
Ngi nosizi enhliziyweni yami imini yonke?

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ko ze ku be nini isita sami si pakeme pezu kwami na?
3 Bheka, u ngi pendule, Jehova Nkulunkulu wami:
U kanyise amehlo ami, funa ngi lale ubutongo bokufa.
4 Funa isita sami si ti, Se ngi m ahlulile;
Funa abayimpi kimi b'etabe uma ngi nyakaziswa.
5 Kepa ngi tembile isihau sako,
Inhliziyo yami i ya kwetaba ngosindiso lwako.
6 Ngo m hlabelelela uJehova,
Ngokuba u ngi pete ngesisa.

Ubuwula nobubi babantu.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. Eli ka Davida.

14 Isiwula si te enhliziyweni yaso,
A kuko Nkulunkulu.
B'onakele, b'enzile imisebenzi yamanyala;
A kako o wenza okuhle.
2 UJehova wa bheka e sezulwini e bheka abantwana babantu,
Ukuba a bone uma ku kona oqondileyo,
O funa uNkulunkulu.
3 Ba pambukile bonke; bonakele kanyekanye;
A kako o wenza okuhle, a kako noyedwa.
4 Ka ba na kwazi bonke ab'enza okubi na?
Aba dhla abantu bami njengaloku be dhla isinkwa na?
Be nga teti uJehova.
5 Ba ba novalo olukulu lapo;
Ngokuba uNkulunkulu u sesizukulwaneni sabalungileyo.
6 Ni ya jabisa icebo lompofu,
Ngokuba uJehova u isipepelo sake.
7 Kwangati ukusindiswa ku ka Israeli nga se ku vele eZiyon!
Ekubuyiseni ku ka Jehova abantu bake ekutunjweni,
U ya kwetaba uJakobe, uIsraeli a tokoze.

Isimo s'owake eZiyon.

Ihubo li ka Davida.

15 Jehova, ubani o ya kuti gozololo etenteni lako na?
Ubani o ya kuhlala entabeni yako engcwele na?
2 Yena o hamba ngokupelela, enze okulungileyo,
A kulume iqiniso enhliziyweni yake;
3 O nga hlebi ngolimi lwake,
O ng'enzi ku mngane wake okubi,
O nga tuti isihlamba ngomakelwane wake;
4 O ngento ya luto u delelekile emehlweni ake,
Kepa u ya ba tusa abamesabayo uJehova;
U funga ngoku za kumlimaza, a nga guquki;
5 Ka tsheleki imali yake a yi zalise,
Ka w'amkeli umvuzo ngo nge na cala ukuba a lahlwe.
Yena o wenza loku a soze a nyakaziswa.

UJehova, isabelo somHlabeleli e sa pila nomopuli wake ekufeni.

Imiketam li ka Davida.

16 Ngi londoloze Nkulunkulu; ngokuba ngi ya pepela kuwe.
2 Mpefumulo wami, wena u te ku Jehova, U iNkosi yami:
A kuko okuhle kimi ngapandhle kwako.
3 Abangcwele aba semhlabeni,
Yibona abadhlondhlobeleyo, engibenameleyo.
4 Ku ya kwandiswa ubuhlungu babo abenana omunye unkulunkulu ngoJehova:
Iminikelo yabo yokupuzwa yegazi a ngi yi kunikela ngayo,
A ngi yi kupata amagama abo ngomlomo wami.
5 Jehova, wena u isabelo esi lifa lami nendebe yami:
U senze sa ba banzi isiqepu sami senkato.
6 Izintambo zokudabula zi ngi wele ezindaweni ezimnandi;
Yebo, ngi nalo ifa elihle.
7 Ngi ya kubonga uJehova ongilulekileyo;
Yebo, inhliziyo yami i ya ngi laya na sebusuku.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

8 Ngi bekile uJehova ngapambi kwami njalo:
Ngokuba e nga sesandhleni sami sokunene, a ngi yi kunyakaziswa.
9 Ngakoke inhliziyo yami i ya jabula, lu y'etaba nodumo lwami:
Nenyama yami yo hlala ngokulondeka.
10 Ngokuba a u yi kushiya umpefumulo wami eSheoli,
A u yi kuvuma ukuba ongcwele wako a bone ukubola.
11 U ya kungitshengisa indhlela yokupila:
Ebusweni bako umuntu u yesuta injabulo;
Ku kona ubumnandi esandhleni sokunene sako njalonjalo.

Umtandazo w'o cela ukuvikelwa ku babandezeli.

Umtandazo ka Davida.

17 Yizwa okulungileyo, Jehova, u lalele ukumbongoza kwami;
U beke indhlebe emtandazweni wami, o nga pumi emlonyeni okohlisayo.
2 Ma ku vele pambi kwako ukwahlulelwa kwami;
Amehlo ako ma ka buke ngoku te ntse.
3 U vivinyile inhliziyo yami; u ngi hambile ebusuku;
U ngi ncibilikisile, a wa tola luto;
Ngi hlosile ukuba umlomo wami u nga pambuki.
4 Mayelana nemisebenzi yabantu, ngezwi lomlomo wako,
Ngi zigcinile ukuba ngi nga hambi emihambweni yesigcwelegcwele.
5 Izinyatelo zami zi bambelele ezindhleleni zako,
Izinyawo zami a zi shelelanga.
6 Ngi ku bizile, ngokuba u ya kusabela kimi, Nkulunkulu:
Ngi tobele indhlebe yako, u zwe inkulumo yami.
7 Qamisa isihau sako,
Wena o sindisa aba pepela kuwe ngesandhla sako sokunene
Kwababavukelayo.
8 Ngi gcine njengenhlamvu yeso;
U ngi site pansi kwetunzi lamapiko ako,
9 Kuwo amashinga angibandezelayo,
Kuzo izita zompefumulo wami ezingihaqileyo.
10 Zi valelwe ukukulupala kwazo:
Ngomlomo wazo zi kuluma ngokuzidhla.
11 Se zi si haqile ekuhambeni kwetu;
Zi misile amehlo azo ukusiwisela pansi emhlabeni.
12 Si fana nengonyama e hahela inyamazane yayo,
Kungatiti ibhongo lengonyama eli hlezi ekusitekeni.
13 Vuka, Jehova,
U si hlangabeze, u si wise pansi:
Kulula umpefumulo wami kuwo amashinga ngenkemba yako;
14 Ku bantu ngesandhla sako, Jehova,
Ku bantu ba leli zwe, aba sabelo sabo si ukupila kwa manje,
Aba sisu sabo u si gcwalisa ngengcebo yako:
Baneliswa abantwana,
Ba shiyela izingane zabo okuseleyo kwabo.
15 Kepa mina ngi ya kubona ubuso bako ekulungeni;
Ngi sute isimo sako ekuvukeni kwami.

UJehova u ya bongwa ngokunika ukungqoba nokubusa.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. Eli ka Davida inceku ka Jehova, owa kuluma ku Jehova amazwi a le ngoma mhla uJehova e m opula esandhleni sezita zonke zake, na sesandhleni si ka Saule; wa ti.

18 Ngi ya ku tanda embilinini wami, Jehova, mandhla ami.
2 UJehova u iwa lami, nenqaba yami, nomkululi wami;
UNkulunkulu wami, itshe lami, engi ya kupepela kulo;
Isihlangu sami, nopondo olungisindisayo, umboshongo wami opakemeyo.
3 Ngo teta uJehova o fanele ukudunyiswa:

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ngi sindiswe eziteni zami.
4 Izintambo zokufa za ngi zongolozela,
Izikukula zobuhatanga za ngi twetwezelisa.
5 Izintambo zeSheoli za ngi tandela;
Izihibe zokufa za ngi hiba.
6 Osizini lwami nga teta uJehova,
Nga kala ku Nkulunkulu wami;
Yena w'ezwa izwi lami e setempelini lake,
Ukukala kwami pambi kwake kwa ngena ezindhlebeni zake.
7 Umhlaba wa se u dikizela wa zamazama;
Izisekelo zezintaba nazo za gedezela,
Za dikizela, ngokuba wa e tukutele.
8 Kwenyuka umusi u puma emakaleni ake,
Umlilo o puma emlonyeni wake wa dhla:
Amalahle a vutiswa iwo.
9 Yena wa tobisa izulu w'ehla;
Kwa ku kona ubumnyama obu te mbe pansi kwezinyawo zake.
10 Wa kwela pezu kwekerubi, wa ndiza;
Yebo, wa ntweza ngamapiko omoya.
11 W'enza ubumnyama bu be indawo yake yokucasha, idokodo lake elimpahlayo,
Ubumnyama bamanzi, izingqimba zamafu esibakabaka.
12 Ekukazimuleni oku pambi kwake izingqimba zamafu ake za dhlula,
Isicoto namalahle omlilo.
13 Futi uJehova u l'enze la duma izulu,
OPezu Konke wa pimisa izwi lake,
Isicoto namalahle omlilo.
14 Wa tuma imicibisholo yake wa ba hlakaza;
Yebo, ngezinyazi eziningi, wa ba didizelisa.
15 Kwa se ku bonakala imihohoba yamanzi,
Nezisekelo zezwe z'ambulwa,
Ngokukuza kwako, Jehova,
Ngokufuta kwomoya wamakala ako.
16 Wa tuma e pezulu, wa ngi tata;
Wa ng'enyula emanzini amaningi.
17 Wa ng'opula esiteni sami esi namandhla,
Na kubo abangizondayo; ngokuba ba be qinile kunami.
18 Ba ngi fikela ngosuku lwamahlekelele ami;
Kepa uJehova wa ba uzime lwami.
19 Wa ngi pumisela endaweni e banzi;
Wa ngi kulula, ngokuba e ng'enamele.
20 UJehova u ngi vuzile njengokulunga kwami;
U buyisele kimi njengokuhlanzeka kwezandhla zami.
21 Ngokuba ngi gcinile izindhlela zi ka Jehova,
A ngi mukanga ku Nkulunkulu wami ngokushinga.
22 Ngokuba amasiko onke ake a be pambi kwami,
A ngi lahlanga izimiso zake kimi.
23 Nga ngi opeleleyo kuye,
Nga zigcina ebubini bami.
24 Ngakoke uJehova u buyisele kimi njengokulunga kwami,
Njengokuhlanzeka kwezandhla zami emehlweni ake.
25 Kuye o nesihau wena wo zibonakalisa u nesihau;
Kuyo indoda epeleleyo wo zibonakalisa u pelele;
26 Kuye ocwebileyo u ya kuzibonakalisa u cwebile;
Kuye oxabileyo wo zibonakalisa u isigwegwe.
27 Ngokuba wena wo sindisa abantu abahlupekayo;
Kepa u ya kutobisa ocililekayo.
28 Ngokuba wena u ya kwokela isibani sami:
UJehova uNkulunkulu wami u ya kukanyisa ubumnyama bami.
29 Ngokuba ngawe ngi gijimela eviyweni;
Na ngoNkulunkulu wami ngi y'eqa utango.
30 UNkulunkulu, indhlela yake i pelele:

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izwi li ka Jehova li vivinyiwe;
U isihlangu kubo bonke aba pepela kuye.
31 Ngokuba ngubani o nguNkulunkulu kupela uJehova na?
Ngubani o itshe ngapandhle ku ka Nkulunkulu wetu na,
32 UNkulunkulu o ngi bincisa ubuqawe,
O wenza indhlela yami i pelele?
33 Wenza izinyawo zami zi be njengezendhluzelekazi:
U ngi misa ezindaweni zami ezipakemeyo.
34 U fundisa izandhla zami ukulwa;
Izingalo zami zi ze zi nsale umnsalo wetusi.
35 U ngi nikile futi isihlangu sosindiso lwako;
Isandhla sako sokunene si ngi pasile,
Ukutoba kwako ku ngenze mkulu.
36 Wa z'enzela indawo e banzi izinyatelo zami pansi kwami,
Izinyawo zami a zi shelelanga.
37 Ngi ya kuxosha izita zami, ngi zi fice;
A ngi yi kubuya zi nga ka qedwa.
38 Ngo zi debeza zi ze zi nga bi nakuvuka:
Zi we pansi kwezinyawo zami.
39 Ngokuba u ngi bincisile ubuqawe bokulwa:
U ba guqisile pansi kwami abangivukeleyo.
40 Wenze izita zami zi ngi fulatele,
Ukuze ngi ba nqume abangizondayo.
41 Ba kala, a ku bangako osindisayo;
Na ku Jehova, a ka ba pendulanga.
42 Konake nga ba colisisa kuhle kwotuli pambi kwomoya;
Nga ba cita njengodaka lwezitaladi.
43 U ngi kululile ekuxabaneni kwabantu;
Wa ngi misa nga inhloko yezizwe:
Abantu engingabaziyo ba ya kungikonza.
44 Bo t'ukungizwa nje ngendhlebe ba ngi lalele;
Abezizwe ba ya kuzincayisela kimi.
45 Abezizwe ba ya ncipa,
Ba pume esikanisweni sabo be gubhuzela.
46 U kona uJehova; ma li bongwe itshe lami;
Ma ka pakanyiswe uNkulunkulu ongisindisayo,
47 Yebo, uNkulunkulu ongipindiselayo,
O wahlula izizwe zi be pansi kwami.
48 U ya ngi kulula eziteni zami;
Yebo, wena u ya ngi pakamisa ngapezu kwabangivukelayo;
U ya ng'opula ku muntu o isidhlova.
49 Ngakoke ngi ya kukubonga, wena, Jehova, pakati kwezizwe;
Ngi hubele igama lako.
50 U ya yi nika usindiso olukulu inkosi yake.
U pata ngesihau ogcotshiweyo wake,
UDavida, nenzalo yake ku ze ku be nini.

Imisebenzi nezwi li ka Nkulunkulu.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. Ihubo li ka Davida.

19 Izulu li ya balisa ngobukosi bu ka Nkulunkulu;
Isibakabaka si ya veza umsebenzi wezandhla zake.
2 Imini i ya temeleza kuyo imini inkulumo,
Nobusuku bu ya shumayela kubo ubusuku ukwazi.
3 A iko inkulumo a wako amazwi;
Izwi lalo a li zwakali.
4 Isilinganiso salo si pumele emhlabeni wonke,
Namazwi alo emkaulweni womhlaba.
U beke kulo itente lelanga,
5 Eli njengomyeni o puma ekamelweni lake,
Li jabula njengesiqwaga ukugijima endhleleni yalo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

6 Ukupuma kwalo ku semkaulweni wezulu,
Ukuzungeza kwalo ku fika emikaulweni yalo;
A kuko oku sitelwe ukushisa kwalo:

7 Umteto ka Jehova u pelele, u buyisa umpefumulo;
Isifakazo si ka Jehova si qinisile, si hlakanipisa imipupe.
8 Iziyalezelo zi ka Jehova zi te ntse, zi tokozisa inhliziyo:
Umyalo ka Jehova u cwebile, u kanyisa amehlo.
9 Ukumesaba uJehova ku hlambululekile, ku mi ku ze ku be nini:
Amasiko ka Jehova a iqiniso, a lungile onkana.
10 A nxanelekile kunegolide, yebo, kunegolide elihle eliningi;
A mnandi kunezinyosi, noju lwamakekeba.
11 Futi inceku yako i xwayiswa ngawo:
Ngokuwagcina ku kona umvuzo omkulu.
12 Ubani o nga qonda iziposiso zake na?
Ng'enze msulwa kwezisitekileyo.
13 Yi nqande inceku yako ezonweni zobugabaza;
Ma zi nga busi pezu kwami;
Yikona se ngi ya kuba ngi pelele,
Ngi be msulwa ekupambukeni okukulu.
14 Amazwi omlomo wami, nezizindhlo zenhliziyo yami,
Ma kwamkeleke pambi kwako,
Jehova, dwala lami, nomhlengi wami.

Um'tandazo w'o cela ukunqotshiswa izita.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. Ihubo li ka Davida.

20 UJehova ka ku pendule ngosuku losizi;
Igama li ka Nkulunkulu ka Jakobe ma li ku pakamise;
2 Ma ka tume kuwe usizo lu vela endhlini engcwele,
A ku pase e seZiyon;
3 A kumbule iminikelo yonke yako yempupu,
Amkele umnikelo wako oshiswayo; [Sela
4 A ku nike oku tandwa inhliziyo yako;
A feze lonke icebo lako.
5 Si ya kwenanela ngosindiso lwako,
Egameni li ka Nkulunkulu wetu si ya kupakamisa amaduku etu:
UJehova ma ka gcwalise izicelo zako zonke.
6 Kaloku ngi y'azi ukuba uJehova u ya sindisa ogcotshiweyo wake;
U ya kumpendula e sezulwini lake elingcwele
Ngobuqwaga obusindisayo besandhla sake sokunene.
7 Abanye b'etemba izinqolana zempi, nabanye amahashi;
Kodwa tina so pata igama li ka Jehova uNkulunkulu wetu.
8 Ba te fofololo ba wa pansi;
Kepa tina si vukile si te nqo.
9 Sindisa, Jehova:
INkosi ma i si pendule ngosuku lokubiza kwetu.

Ku bongwa ukwopulwa kwenkosi.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. Ihubo li ka Davida.

21 Jehova, inkosi i ya kutokoza emandhleni ako;
Na ngosindiso lwako i ya kwetaba kangakanana!
2 U yi nikile oku fiswa inhliziyo yayo,
Nesicelo somlomo wayo a u nqabanga naso. [Sela
3 Ngokuba u ya yi hlangabeza ngezibusiso zokuhle:
U ya yi faka ekanda umqele wegolide elihle.
4 I celile kuwe ukupila, wa yi nika kona,
Izinsuku eziningi ku ze ku be nini na nini.
5 Udumo lwayo lu kulu osindisweni lwako:
Ukutuseka nobukosi u bu beka pezu kwayo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

6 Ngokuba u yi misile i busiseke
ku ze ku be nini:
U yi jabulisile ngentokozo pambi
kwako.
7 Ngokuba inkosi i y'etemba ku
Jehova;
Ngesihau soPezu Konke a i yi
kunyakaziswa.
8 Isandhla sako si ya kufumana izi-
ta zako zonke;
Isandhla sako sokunene si ya ku-
fumana abakuzondayo.
9 U ya ku b'enza ba be njengesita-
ndo somlilo ngesikati sokutu-
kutela kwako;
UJehova u ya kubagwinya ngo-
laka lwake,
Umlilo u ya kubadhla.
10 U ya kububisa isitelo sabo si
nga biko emhlabeni,
Nenzalo yabo i nga biko pakati
kwabantwana babantu.
11 Ngokuba ba hlose okubi ngawe;
Ba ceba icebo aba be nge nama-
ndhla okulifeza.
12 Ngokuba u ya kubafulatelisa;
Wena u ya kunsala ngezintambo
zomnsalo wako u nsalele ubuso
babo.
13 Ma u pakame, Jehova, emandhle-
ni ako;
Tina si ya kuhlabelela si hube
ngobuqwaga bako.

*Ukumbongoza ngenxa yeminjunju, ne-
ngoma yokubonga.*

Ku mhlonzi wokuhlabelela; ku lungiselwe
iAyijeleti-Hashe-Shahare. Ihubo li ka Da-
vida.

22 Nkulunkulu wami, Nkulunku-
lu wami, u ngi shiyeleni na?
U meleni kude u nga ngi sizi, u
kude namazwi okububula kwa-
mi na?
2 Nkulunkulu wami, ngi ya biza
emini, kepa a u sabeli;
Na sebusuku, a ngi tuli.
3 Kepa wena u ngcwele,
O hlezi ezindumisweni zi ka
Israeli.
4 Obaba b'etemba wena;
B'etemba, wa ba kulula.
5 Ba kala kuwe, ba hlanguliswa:
B'etemba wena, a ba jabanga.
6 Kepa mina ngi impetu, a ngi siye
umuntu;
Ngi isihlamba sabantu, ngi dele-
lwa isizwe.
7 Bonke abangibonayo ba ngi hle-
ka usulu:
Ba ya pukula umlomo, ba nqa-
kuza ikanda, be ti,
8 Ziginqele ku Jehova; ma ka m
kulule;
Ma ka m opule loku e m ena-
mele.
9 Kepa uwena o ngi kipile esi-
swini;
Wa ng'enza ng'etembe ngi se se-
mabeleni ka mame.
10 Nga lahlelwa pezu kwako kwa
sesizalweni;
U nguNkulunkulu wami wena
kwa sesiswini si ka mame.
11 U nga bi kude nami; ngokuba
usizi lu seduze;
Ngokuba a kako osizayo.
12 Izinkunzi eziningi zi ngi bunga-
nyele;
Imihuqa ya seBashan i ngi ka-
kile.
13 Zi ya ngi kamisela umlomo wazo,
Njengengonyama edwengulayo
ebhongayo.
14 Ngi tululiwe njengamanzi,
Amatambo onke ami enyele;
Inhliziyo yami i njengengcina;
I ncibilikile pakati kwami.
15 Amandhla ami omile njengode-
ngezi;
Ulimi lwami lu namatele emihla-
tini yami;
Wena u ngi bekile otulini lokufa.
16 Ngokuba izinja zi ngi bunga-
nyele:
Inhlangano yababi ya ngi haqa;
Ba bobosa izandhla zami nezi-
nyawo zami.
17 Ngi nga bala onke amatambo
ami.
Ba ya ngi buka ba ngi gqolozele;
18 Ba y'abelana izingubo zami,
Ngezambato zami benza inkato.
19 Kepa wena, Jehova, u nga bi
kude:
Mpeleki wami, putuma ukungi-
siza.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

20 Yopula umpefumulo wami enkembeni,
Owokupela wami emandhleni enja.
21 Ngi sindise emlonyeni wengonyama;
Yebo, u ngi pendulile ngi sezimpondweni zezinyati.

22 Ngo balisa ngegama lako ku bafo wetu:
Ngi ku dumise pakati kwombutano.
23 Nina en'esaba uJehova, m dumiseni;
Nina nonke, nzalo ka Jakobe, m tuseni;
M hlonipeni nonke nina, nzalo ka Israeli.
24 Ngokuba ka delelanga a k'enyanyanga inhlupeko yohlupekayo;
Ka sitezanga ubuso bake kuye;
Kepa ekukaleni kwake kuye, w'ezwa.
25 Ukudumisa kwami ku vela kuwe embutanweni omkulu:
Izitembiso zami ngo zi feza pambi kwabamesabayo.
26 Abatobileyo ba ya kudhla, b'esute;
Ba ya kudumisa uJehova bona abamfunayo:
Inhliziyo yenu ma i pile ku ze ku be nini.
27 Amajukujuku onke omhlaba a ya kukumbula a buyele ku Jehova;
Imindeni yonke yezizwe yo kuleka pambi kwako.
28 Ngokuba umbuso u ngoka Jehova;
Yena u ngumbusi wezizwe.
29 Ba ya kudhla ba kuleke bonke abakulupeleyo bomhlaba:
Bonke ab'ehlela otulini ba ya kuguqa pambi kwake,
Yena o nge nako o nga pila ngako umpefumulo wake.
30 Inzalo i ya kumkonza;
Ku ya kubaliswa ngayo iNkosi kuso isizukulwane esizayo.
31 Ba ya kuza ba lande ngokulunga kwayo
Ku bantu aba za kuzalwa, ukuti i kwenzile loku.

UJehova, umalusi womHlabeleli.
Ihubo li ka Davida.

23 UJehova u ngumalusi wami; a ngi yi kuswela.
2 U ya ngi lalisa emadhlelweni a luhlaza;
A ngi yise nga semanzini okupumula.
3 U hlumelela umpefumulo wami:
A ngi hole ezindhleleni zokulunga ngenxa yegama lake.
4 Yebo, noma ngi hamba emhosheni wetunzi lokufa,
A ngi yi kwesaba okubi; ngokuba wena u kimi;
Intonga yako, nodondolo lwako zi ya ngi duduza.
5 U ya ngi lungisela isitebe pambi kwezita zami:
U gcobile ikanda lami ngamafuta;
Indebe yami i ya cicima.
6 Impela okuhle nesihau ku ya kungilandela izinsuku zonke sokuhamba kwami;
Ngi ya kuhlala endhlini ka Jehova ku ze ku be sekupeleni kwezinsuku.

Ukungena kweNkosi yobukosi eZiyon.
Ihubo li ka Davida.

24 Umhlaba u ngoka Jehova, nokugcwala kwawo;
Izwe, nabo abakileyo kulo.
2 Ngokuba yena u wu sekele pezu kwezilwandhle,
Wa wu zinzisa pezu kwemifula.
3 Ubani o ya kwenyukela entabeni ka Jehova na?
Ubani o ya kuma endaweni yake engcwele na?
4 Yena o nezandhla ezihlanzekileyo, nenhliziyo ecwebileyo;
O nga pakamiselanga umpefumulo wake emangeni,
O nga funganga ngenkohliso.
5 U ya kutola ubusiso ku Jehova,
Nokulunga ku Nkulunkulu omsindisayo.
6 Yilesi isizukulwane sabamfunayo,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Bona aba cinga ubuso bako, Nkulunkulu ka Jakobe. [Sela

7 Masango, pakamisani izinhloko zenu,
Nani minyango ya pakade pakamani:
INkosi yodumo i ngene.
8 I ngubani le Nkosi yodumo?
UJehova o namandhla, o isiqwaga,
UJehova o isiqwaga sokulwa.
9 Masango, pakamisani izinhloko zenu;
Nani minyango ya pakade zi pakamiseni:
INkosi yodumo i ngene.
10 I ngubani le Nkosi yodumo?
UJehova wamabandhla,
Uye iNkosi yodumo. [Sela

Umtandazo w'o cela ukuvikelwa nokuholwa nokutetelelwa.

Eli ka Davida.

25 Ku wena, Jehova, ngi ya pakamisa umpefumulo wami.
2 Nkulunkulu wami, ngi tembe kuwe,
Ma ngi nga jabi;
Izita zami ma zi nga qalabi pezu kwami.
3 Yebo, a muko kwabakuhlalelayo o ya kujaba:
Ba ya kujaba aba hlubuka kuwe ngeze.
4 Ng'azise izindhlela zako, Jehova;
Ngi fundise imendo yako.
5 Ngi hambise eqinisweni lako, u ngi fundise;
Ngoba wena u nguNkulunkulu ongisindisayo;
Ngi hlalela wena usuku lonke.
6 Kumbula Jehova isihe sako nesihau sako;
Ngokuba kwa ku kona na pakade.
7 U nga kumbuli izono zobusha bami, nezipambuko zami:
Ngokwesihau sako ngi kumbule,
Ngenxa yobunene bako, Jehova.
8 U mnene u te ntse uJehova:
Ngakoke u ya kuyalela izoni indhlela.
9 U ya kuhambisa abatobileyo ngesiko;
A fundise abatobileyo indhlela yake.
10 Izindhlela zonke zi ka Jehova zi isihau neqiniso
Kubo aba gcina isivumelwano sake nezifakazo zake.
11 Ngenxa yegama lako, Jehova,
Tetelela ububi bami, ngokuba bu kulu.
12 Ngumupi umuntu omesabayo uJehova?
Nguye o ya kuyalelwa indhlela a ya kuyiketa.
13 Umpefumulo wake wo hlala wonwabile;
Inzalo yake i li dhl' ubufa izwe.
14 UJehova u ngumhlobo wabamesabayo;
U ya kub'azisa isivumelwano sake.
15 Amehlo ami a kuye uJehova njalo;
Ngokuba yena u ya kukipa izinyawo zami eneteni.
16 Pendukela kimi, u be nomusa kimi;
Ngokuba ngi ngumhlalaqa, ngi hlupekile.
17 Izinsizi zenhliziyo yami z'andile:
Ma u ngi kipe ekuxinekeni kwami.
18 Bheka ukuhlupeka kwami, nokukandhleka kwami;
U yekele zonke izono zami.
19 Bheka izita zami, ngokuba zi ningi;
Zi ya ngi zonda ngenzondo yobudhlova.
20 Gcina umpefumulo wami, u ng'opule:
Ma ngi nga jabi, ngokuba ngi pepela kuwe.
21 Ukupelela nobuqoto a ku ngi londe;
Ngokuba ngi hlalele wena.
22 Nkulunkulu, hlenga uIsraeli
Kuzo zonke izinkatazo zake.

UmHlabeleli u gamela ngokupelela kwake, u tandazela ukuvikelwa.

Eli ka Davida.

26 Ng'ahlulele, Jehova, ngokuba ngi hambe ngokupelela kwami:

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ngi tembe ku Jehova, a ngi tengezelanga.
2 Ngi ncibilikise, Jehova, u ngi linge;
U vivinye izinso zami nenhliziyo yami.
3 Ngokuba isihau sako si pambi kwamehlo ami;
Ngi hambile eqinisweni lako.
4 A ngi hlalanga nabantu bamanga;
A ngi yi kungena nabo aba izimbulu.
5 Ngi ya zonda umbutano wababi;
A ngi yi kuhlala namashinga.
6 Ngi ya kuhlamba izandhla zami ngi msulwa;
Ngi zungeze ilati lako, Jehova;
7 Ukuze ngi zwakalise izwi lokubonga,
Ngi balise ngemimangaliso yonke yako.
8 Jehova, ngi ya li tanda ikaya eli indhlu yako,
Nendawo lapo ku hlezi kona ubucwazicwazi bako.
9 U nga buti nezoni umpefumulo wami,
Nokupila kwami kanye nabantu begazi;
10 Aba nokuhxina ezandhleni zabo,
Esokunene sabo si gcwele intengo aba tengwa ngayo.
11 Kepa mina ngi ya kuhamba ngokupelela kwami:
Ngi hlenge, u be nomusa kimi.
12 Unyawo lwami lu mi endaweni e iceke:
Ngo bonga uJehova ezinhlanganweni.

Ihubo lokwetembela ku Nkulunkulu ngokungesabi.

Eli ka Davida.

27 UJehova u ngukukanya kwami, nongisindisayo;
Ngi ya kwesaba ubani na?
UJehova u inqaba yokupila kwami;
Ngi ya kuba novalo ngobani na?
2 Ekusondeleni kwababi kimi ukudhla inyama yami,
Bona abayimpi kimi nezita zami, ba kubeka, ba wa.
3 Noma impi i ngi vimbezela,
Inhliziyo yami a i yi kwesaba:
Noma ngi velelwa ukulwa,
Noko ngi ya kwetemba.
4 Into inye engi yi celile ku Jehova, ngi ya kufuna yona:
Ukuba ngi hlale endhlini ka Jehova izinsuku zonke zokuhamba kwami,
Ngi bone ubuhle bu ka Jehova,
Ngi buze etempelini lake.
5 Ngokuba wo ngi tukusa edokodweni lake ngomhla wobubi:
A ngi siteze ekusitekeni kwetente lake;
A ngi pakamisele etsheni.
6 Kaloku inhloko yami i ya kupakanyiswa ngapezu kwezita zami ezingihaqileyo;
Ngo nikela etenteni lake imihlatshelo yokuhlokoma;
Ngi ya kuhlabelela, yebo, ngi hubele uJehova.

7 Yizwa, Jehova, nxa ngi kala ngezwi lami;
Yiba nomusa kimi, u ngi pendule.
8 Ngokusho kwako ukuti, Funani ubuso bami; inhliziyo yami ya ti kuwe,
Ngi ya kufuna ubuso bako, Jehova,
9 U nga sitezi ubuso bako kimi;
U nga cilizi inceku yako ngolaka:
Wena u bu ngumsizi wami;
U nga ngi lahli, u nga ngi shiyi,
Nkulunkulu ongisindisayo.
10 Lapo ubaba nomame be ngi shiya,
UJehova u ya kungitola.
11 Ngi yalele, Jehova, indhlela yako;
U ngi hole endhleleni e te ntse,
Ngenxa yezita zami.
12 U nga ngi kapeli entandweni yabayimpi kimi:
Ngokuba ofakazi bamanga ba ngi vukele,
Naba futa ngobudhlova.
13 Uma ngi nga kolwanga ukuti ngi ya kubona ukulunga ku ka Jehova, nga ku be nga pel'amandhla,
Ezweni labapilayo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

14 Hlalela uJehova:
Qina, inhliziyo yako i me isibindi;
Yebo, hlalela uJehova.

Umtandazo w'o cela ukusizwa, nokubonga ukupendulwa kwawo.
Eli ka Davida.

28 Ngi ya kukubiza, Jehova,
Dwala lami; u nga bi isitulu kimi;
Funa uma u tula kimi,
Ngi fane nabo aba shona emgodini.
2 Yizwa izwi lokunxusa kwami,
ekukaleni kwami kuwe,
Lapo ngi pakamisa izandhla zami
nga sendaweni eyona i ngemuva yendhlu engcwele.
3 U nga ngi huduli kanye namashinga,
Kanye nabo ab'enza okubi;
Aba kuluma ngokutula nabakelwane babo,
Kanti ku kona ububi ezinhliziyweni zabo.
4 Ba nike njengomsebenzi wabo,
na njengobubi bezenzo zabo:
Ba nike njangokwenza kwezandhla zabo;
U buyisele kubo okubafaneleyo.
5 Ngokuba a ba naki imisebenzi ka Jehova,
Nezenzo zezandhla zake,
U ya kubadiliza a nga b'aki.

6 Ma ka bongwe uJehova,
Ngokuba e zwile izwi lokunxusa kwami.
7 UJehova u ngamandhla ami, nesihlangu sami;
Inhliziyo yami i tembe kuye, futi ngi siziwe:
Ngakoke inhliziyo yami i ya ncinca kakulu;
Ngi ya kumdumisa ngengoma yami.
8 UJehova u ngamandhla abo,
Yena u inqaba esindisayo kogcotshiweyo wake.
9 Sindisa abantu bako, u busise ifa lako:
B'aluse u ba twale ku ze ku be nini.

Izwi li ka Jehova esivunguvungwini.
Ihubo li ka Davida.

29 M nikeni uJehova, madodana ka Nkulunkulu,
M nikeni uJehova udumo namandhla.
2 M nikeni uJehova udumo olu fanele igama lake;
Ni kuleke ku Jehova ni hlobe ngokungcwele.

3 Izwi li ka Jehova li pezu kwamanzi:
UNkulunkulu wobukosi u ya duma;
UJehova pezu kwamanzi amaningi.
4 Izwi li ka Jehova li namandhla;
Izwi li ka Jehova li gcwele ubukosi.
5 Izwi li ka Jehova l'apula imisedare;
Yebo, uJehova u y'apula imisedare ya seLebanon.
6 U ya yi ngqabashiyisa kuhle kwenkonyana;
ILebanon neSiriyon njengeduna lenyati.
7 Izwi li ka Jehova li nyazimisa amalangabi omlilo.
8 Izwi li ka Jehova li zamazamisa ihlane;
UJehova u zamazamisa ihlane la seKadeshe.
9 Izwi li ka Jehova li ya zuzisa izindhluzelekazi,
Li hlubula amahlati:
Etempelini lake konke ku ti, Udumo.

10 UJehova wa hlala e inkosi ngesikati si ka zamcolo,
Yebo, uJehova u ya hlala e iNkosi ku ze ku be nini.
11 UJehova u ya kunika abantu bake amandhla;
UJehova u ya kubusisa abantu bake ngokutula.

Ku bongwa ukwopulwa ekufeni.
Ihubo; ingoma yokwahlukaniselwa kwe-Ndhlu. Eli ka Davida.

30 Ngi ya kukupakamisa Jehova; ngokuba u ng'enyusile,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

A u tokozisanga izita zami pezu kwami.
2 Jehova, Nkulunkulu wami;
Ngi kalile kuwe, wa ngi pilisa.
3 Jehova, wenyusile umpefumulo wami eSheoli;
U ng'enze nga pila, ukuba ngi ng'ehleli emgodini.
4 M hubeleni uJehova nina bangcwele bake,
Ni bonge isikumbuzo sake esingcwele.
5 Ngokuba ngolokupazima kweso ulaka lwake;
Isisa sake si ngangeminyaka yomuntu:
Ukulila ku nga ngena ku hlale ubusuku,
Kepa ekuseni ku fika ukwenanezela.
6 Ngi te mina ekucemezekeni kwami,
A ngi soze nga nyakaziswa.
7 Jehova, ngesisa sako u y'enzile intaba yami i qine:
Wa siteza ubuso bako; nga ba nokupapateka.
8 Nga kala kuwe, Jehova;
Kuye uJehova nga nxusa:
9 Ku kona inzuzoni egazini lami, ekwehleleni kwami elibeni na?
Utuli lu ya kukudumisa na? lu ya kulanda iqiniso lako na?
10 Yizwa, Jehova, u be nomusa kimi:
Jehova, yiba umsizi wami.
11 U pendulile ukulila kwami kwa ba ukusina;
U kumulile ingubo yami yamasaka, wa ngi bincisa ukutokoza;
12 Ukuze udumo lwami lu ku hubele, lu nga tuli.
Jehova Nkulunkulu wami, ngo ku bonga ku ze ku be nini.

Ihubo lokukala nokubonga.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. Ihubo li ka Davida.

31 Ngi ya pepela kuwe, Jehova;
Ma ngi nga jabi na nini:
Ngi kulule ngokulunga kwako.
2 Ngi tobele indhlebe yako; u ng'opule masinyane:
Yiba kimi itshe eliqinileyo,
Nendhlu yezinqaba yokungisindisa.
3 Ngokuba wena u itshe lami, nenqaba yami;
Ngakoke ngenxa yegama lako ma u ngi qondise, u ngi hole.
4 Ngi kipe eneteni aba ngi cupe ngalo;
Ngokuba wena u inqaba yami.
5 Ngi beka umoya wami esandhleni sako:
U ngi hlengile, Jehova Nkulunkulu weqiniso.
6 Ngi ya ba zonda aba naka oku yize kwamanga;
Kepa ngi ya m etemba uJehova.
7 Ngi ya kwetaba ngi tokoze ngesihau sako;
Ngokuba u bonile ukuhlupeka kwami:
Wa w'azi umpefumulo wami u sosizini;
8 Futi a u ngi valelanga esandhleni sesita;
U misile izinyawo zami endaweni ebanzi.
9 Yiba nomusa kimi, Jehova, ngokuba ngi nosizi:
Iso lami li ya ncunzeka ngokudabuka, yebo umpefumulo wami, nomzimba wami.
10 Ngokuba ukupila kwami ku qedwa ukulila,
Neminyaka yami ukukala:
Amandhla ami a ya xega ngenxa yobubi bami,
A se ncunzekile namatambo ami.
11 Se ngi isihlamba ngenxa yabo bonke abayimpi kimi,
Yebo, kakulu ku bakelwane bami,
Ngi banga uvalo kubo abazana nami:
Bona abangibonileyo endhle ba ngi balekela.
12 Se be kohliwe yimi njengofileyo o nga sa kunjulwa:
Ngi njengesitsha esifileyo.
13 Ngokuba ngi zwile ukuhleba kwabaningi,
Oku banga inqe ku kona inxa zonke:
Be sa hlanganisa icebo ngami,
Ba hlose ukungibulala.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

14 Kepa mina nga temba kuwe, Jehova:
Nga ti, Wena u nguNkulunkulu wami.
15 Izikati zami zi sesandhleni sako:
Ng'opule esandhleni sezita zami n'esabangizingelayo.
16 Ma ku kanye ubuso bako encekwini yako:
Ngi sindise ngesihau sako.
17 Jehova, ma ngi nga jabi; ngokuba ngi ku bizile:
Amashinga a ka jabe, a tule eSheoli.
18 Imilomo yamanga ma i tuliswe,
E kuluma ubugangangozi ngaye olungileyo,
Ngokuzidhla na ngokweyisa.
19 Yeka ubukulu bobunene bako,
O ba bekele bona abakwesabayo,
O b'enzele bona aba pepela kuwe
Pambi kwamadodana abantu!
20 U ya kubasiteza ekusitekeni kwobuso bako kuzo izigungu zabantu:
U ya kubatukusa edokodweni ekuxabaneni kwezilimi.
21 Ma ka bongwe uJehova;
Ngokuba u ng'enzele isihau esimangalisayo emzini o nogange.
22 Kepa mina nga ti ekumpampeni kwami,
Ngi nqunyiwe ngapambi kwamehlo ako:
Noko wena w'ezwa izwi lokunxusa kwami,
Ekukaleni kwami kuwe.
23 Tandani uJehova nina nonke bangcwele bake;
UJehova u ya londa abatembekayo,
A pindise ngokukulu ku yena o wenza ngokuzidhla.
24 Qinani, a i me isibindi inhliziyo yenu,
Nina nonke en'etembela ku Jehova.

Ukubusiswa kwotetelelwe nowetembela ku Nkulunkulu.

Eli ka Davida. IMaskili.

32 U busisiwe yena o kupambuka kwake ku tetelelwe,
O sono sake si fulelwe.
2 U busisiwe lowo muntu uJehova a nga m baleli icala,
Oku ngeko nenkohliso emoyeni wake.
3 Lapa nga tula, amatambo ami a guga
Ngokububula kwami imini yonke.
4 Ngokuba emini na sebusuku isandhla sako sa ba nzima pezu kwami:
Ubumanzi bami ba pendulwa ba ba njengokomisa kwehlobo. [Sela
5 Ngi vumile kuwe isono sami,
Icala lami a ngi li fulelanga:
Nga ti, Ngo vuma izipambuko zami ku Jehova;
Wena wa tetelela icala lesono sami.
6 Ngalokuke bonke abangcwele ma ba tandaze kuwe ngesikati o nga funyanwa ngaso:
Ekukukuleni kwamanzi amaningi, impela a ka yi kufinyelela kuye.
7 Wena u indawo yami yokucasha;
U ya kungilondoloza ngi nga bi nalusizi;
U ya kungihaqa ngokwenanezela kwabakululiweyo. [Sela
8 Ngi ya kukuhlakanipisa ngi ku yalele indhlela o ya kuhamba ngayo:
Ngi ku luleke iso lami li kuwe.
9 Ni nga bi njengehashi nembongolo oku nge na kuqonda;
Oku mvunulo yako i umkala netomu, ukuze ku titshelwe,
Uma ku nge njalo a ku yi kusondela kuwe.
10 Zi ningi izinsizi ishinga eli ya kuba nazo;
Kepa yena o wetemba ku Jehova, isihau si ya kumhaqa.
11 Tokozani ku Jehova, n'etabe nina balungileyo;
N'enanele nonke nina baqoto enhliziyweni.

Ku bongwa umDali nomLondolozi.

33 Yenanelani ku Jehova nina balungileyo;

Digitized by. Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukudumisa ku ba fanele abaqoto.
2 Bongani uJehova ngenkoka:
Ni m hubele ngogubu olu nezintambo ezi ishumi.
3 M hlabeleleleni ingoma entsha;
Ni bete kahle ngenhlokomo.
4 Ngokuba izwi li ka Jehova li te ntse;
Konke akwenzayo ku qinisekile.
5 U ya tanda ukulunga nokwahlulela:
Umhlaba u gcwele isihau si ka Jehova.
6 Ngezwi li ka Jehova kwenziwa izulu,
Namabandhla onke alo ngomoya womlomo wake.
7 U ya qongelela amanzi olwandhle njengenqwaba:
U beka awototololo ezingotsheni.
8 Umhlaba wonke ma w'esabe uJehova;
Ma ba m hlonipe bonke abakileyo ezweni.
9 Ngokuba wa kuluma yena, kwa ba kona;
Wa yala, kw'ema ngqi.
10 UJehova u yà putisa icebo lezizwe;
U shafisa izizindhlo zabantu.
11 Icebo li ka Jehova li mi ngqi ku ze ku be nini,
Izizindhlo zenhliziyo yake ku ze ku be sesizukulwaneni ngesizukulwane.
12 Si busisiwe isizwe esi Nkulunkulu waso u nguJehova,
Abantu abaketileyo ba be ifa lake.
13 UJehova u ya bheka e sezulwini;
U ya bona onke amadodana abantu;
14 E sendaweni yokuhlala kwake u ya ba lunguza
Bonke abakileyo emhlabeni,
15 Yena o bumba izinhliziyo zabo bonke,
O qonda imisebenzi yonke yabo.
16 A iko inkosi e sindiswa ubuningi bempi:
Isiqwaga a s'opulwa amandhla amakulu.
17 Ihashi li ize ekusindiseni;
A li yi kuhlangulisa muntu ngamandhla alo amakulu.
18 Bheka, iso li ka Jehova li pezu kwabo abamesabayo,
Kubo aba tembela kuso isihau sake;
19 Ukwopula umpefumulo wabo ekufeni,
Nokubenza ba pile ngesikati sendhlala.
20 Umpefumulo wetu u hlalele uJehova;
Yena u ngusizo lwetu nesihlangu setu.
21 Ngoba inhliziyo yetu i ya kutokoza kuye;
Ngokuba si tembe egameni lake elingcwele.
22 Isihau sako, Jehova, ma si be pezu kwetu,
Njengaloku si tembele kuwe.

UJehova, o wondhla abampofu a b'opule.

Eli ka Davida ekuguquleni kwake isimo sake pambi ku ka Abimeleki, owa m xosha, wa hamba.

34 Ngi ya kumbonga uJehova ngezikati zonke:
Indumiso yake i ya kuba semlonyeni wami njalonjalo.
2 Umpefumulo wami u ya kuzigabisa ngoJehova;
Abatobileyo ba ya kuzwa ba tokoze.
3 Kulisani uJehova kanye nami,
Ma si pakamise igama lake kanyekanye.
4 Nga m funa uJehova, wa ngi pendula,
Wa ng'opula kulo lonke uvalo ebe ngi nalo.
5 Ba bhekile kuye ba kanya;
Ubuso babo a bu soze ba yangaza.
6 Lo mpofu wa kala, uJehova wa mu zwa,
Wa m sindisa kuzo zonke izinsizi zake.
7 Ingelosi ka Jehova i ngenisa inxa zonke kwabamesabayo,
I ba kulule.
8 Yizwani ni bone ukuba uJehova u mnene:

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U busisiwe lo muntu o pepela kuye.
9 M esabeni uJehova nina bangcwele bake;
Ngokuba a kuko ukuswela ku bona abamesabayo.
10 Amabhongo ezingonyama a ya ntula, a lambe;
Kepa bona aba funa uJehova a ba yi kuswela uto oluhle nolu lodwa.
11 Zanini bantwana, ni ngi lalele:
Ngi ya kunifundisa ukumesaba uJehova.
12 Umupi umuntu o wenamele ukupila,
O tanda izinsuku eziningi ukuze a bone okuhle na?
13 Linda ulimi lwako kubo ububi,
Nomlomo wako u nga kulumi inkohliso.
14 Suka ebubini, wenze okuhle;
Funa ukutula, u ku landele.
15 Amehlo ka Jehova a pezu kwabalungileyo,
Izindhlebe zake zi kuko ukukala kwabo.
16 Ubuso bu ka Jehova bu melene nabo ab'enza okubi,
Ukuba a nqume ukukunjulwa kwabo emhlabeni.
17 Abalungileyo ba kala, uJehova wa b'ezwa,
Wa b'opula kuzo zonke izinsizi zabo.
18 UJehova u seduze nabo abanhliziyo yapukile,
U sindisa ḅona abamoya u dabukile.
19 Ku ningi okubi okumehlelayo olungileyo;
Kepa uJehova u ya m opula kuko konke.
20 U ya gcina onke amatambo ake;
A ku pohlozeki neli lodwa kuwo.
21 Okubi ku ya kubulala ishinga;
Futi bona aba zonda olungileyo ba ya kutola icala.
22 UJehova u ya hlenga umpefumulo wezinceku zake;
A ba yi kutola icala bonke aba pepela kuye.

Umtandazo w'o cela ukusindiswa eziteni.

Eli ka Davida.

35 Jehova, xabana nabo aba xabana nami:
U lwe nabo aba lwa nami.
2 Tata ihau, nesihlangu,
U sukume ukungisiza.
3 Koka umkonto, u vimbe indhlela yabo abangixoshayo:
Yiti empefumulweni wami, Mina ngi ngokusindisayo.
4 Ma ba jabe ba hlaziswe aba funa umpefumulo wami:
Ma ba hlehliselwe emuva ba yangaze aba ceba okubi ngami.
5 Ma ba be njengamakoba pambi kwomoya,
Ingelosi ka Jehova i ba dudula.
6 Indhlela yabo ma i be mnyama, i be bushelezi,
Ingelosi ka Jehova i ba xosha.
7 Ngokuba ba ngi cupile ngegebe leneta labo ngeze;
Ba w'umbele umgodi umpefumulo wami ngeze.
8 Ma ka fikelwe ukubujiswa e ng'azelele;
Ineta lake alicupileyo ma li bhabhise yena:
Ma ka wele kulo a bujiswe.
9 Umpefumulo wami u ya kwetabake ku Jehova,
U jabule ngosindiso lwake.
10 Amatambo ami onke a ya kuti, Jehova, ubani o njengawe,
O wopula ompofu kuye o namandhla kunaye,
Yebo, ompofu, nempabanga kuye oyiqwagayo.
11 Ofakazi aba izidhlova ba ya vuka;
Ba buza kimi engingakwaziyo.
12 Ba ya ngi vuza kokuhle ngokubi,
Ku sweziselwe umpefumulo wami.
13 Kanti mina, ekuguleni kwabo ng'ambata indwangu yamasaka:
Nga tobisa umpefumulo wami ngokuzila ukudhla;
Ukutandaza kwami kwa buyela esifubeni sami.

Digitized by Google Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

14 Nga hamba njengokungati isihlobo sami, noma umfo wetu:
Njeng'o lilela unina nga kotama, ngi kedamisile.
15 Kepa ekuxugeni kwami ba tokoza ba butana:
Ba butana ngami abagxibi ngi nga kwazi;
Ba ngi dweshula, be nga yeki:
16 Njengezixwala ezi ntelembela ukudhla,
Ba ngi gedhlela imihlati.
17 Nkosi, wo bukela ku ze ku be nini na?
Buyisa umpefumulo wami ekububiseni kwabo,
Owokupela wami ezingonyameni.
18 Ngi ya kukubonga embutanweni omkulu:
Ngi ku dumise pakati kwabantu abaningi.
19 Ma ba nga tokozi pezu kwami aba izita zami ngoku nge iko;
Ma ba nga qikizi iso aba ngi zonda ngeze.
20 Ngokuba ka ba kulumi ukutula;
Ba ceba amazwi enkohliso ngabo abatulileyo ezweni.
21 Yebo, ba ngi kamisele kakulu umlomo wabo;
Ba ti, Ashila! Ashila! iso letu li ku bonile.
22 U ku bonile, Jehova, ma u nga tuli;
Nkosi, ma u nga bi kude nami.
23 Vuka, u papame u ng'ahlulele ngokungifaneleyo,
U papamele indaba yami, Nkulunkulu wami, Nkosi yami.
24 Ng'ahlulele ngokwokulunga kwako, Jehova, Nkulunkulu wami;
Ma ba nga tokozi pezu kwami.
25 Ma ba nga ti enhliziyweni yabo, ashila! naku e be si ku fisa:
Ma ba nga sho ukuti, Si m gwinyile.
26 Ma ba jabe ba yangaze kanyekanye aba tokoza ngobubi obungifikeleyo:
Ma b'ambate ihlazo nokudumala abazikulisayo ngami.
27 Ma b'enanele ba tokoze ab'enamela ukulunga kwami,
Yebo, ma ba ti njalonjalo, Ma ka kuliswe uJehova,
O wenamela inhlalakahle yenceku yake.
28 Ulimi lwami lu ya kushumayelake ngokulunga kwako,
Nokudunyiswa kwako imini yonke.

Ububi babantu nesihau si ka Nkulunkulu.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. Eli ka Davida, inceku ka Jehova.

36 Ukupambuka ku kuluma izwi pakati kwenhliziyo yeshinga ku ti,
A luko uvalo ngoNkulunkulu pambi kwamehlo alo.
2 Ngokuba ku li tela utuli emehlweni,
Ngokuti ububi balo a bu yi kubonwa, bu zondeke.
3 Amazwi omlomo walo a ububi nenkohliso:
Li yekile ukuhlakanipa, nokwenza okuhle.
4 Li ceba okubi li socansini lwalo;
Li ya zimisa endhleleni e nga lungile;
A li nengwa okubi.

5 Jehova, isihau sako si sezulwini;
Ukutembeka kwako ku finyelela esibakabakeni.
6 Ukulunga kwako ku njengezintaba zi ka Nkulunkulu;
Izahlulelo zako zi njengototololo omkulu:
E Jehova, u sindisa abantu nezilwane.
7 Yeka! sa ba igugu isihau sako Nkulunkulu!
Abantwana babantu ba pepela etunzini lamapiko ako.
8 Ba ya kuzitika ngamanoni endhlu yako;
Wena u ya kubapuzisa ngomfula wezintokozo zako.
9 Ngokuba umtombo wokupila u kuwe:
Ekukanyeni kwako si ya kubona ukukanya.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

10 Yelulela isihau sako kubo abakwaziyo,
Nokulunga kwako kubo abaqoto enhliziyweni.
11 Unyawo lozidhlayo ma lu nga fiki kimi,
Isandhla samashinga ma si nga ngi xoshi.
12 Nampa lapo ab'enza okubi be wile,
Ba balakaxekile, a ba yi kuba namandhla okuvuka.

Ukusimama kwaba tembela ku Jehova nokuxegaxega kwababi.

Eli ka Davida.

37 U nga katazeki ngenxa yab'enza okubi,
U nga ba feli umona ab'enza oku nga lungile.
2 Ngokuba ba ya kusikwa masinyane njengotshani,
Ba gangadeke njengemishana eluhlaza.
3 Temba ku Jehova, wenze okulungileyo,
Hlala ezweni, u sute ukwetembeka kwake.
4 Ukutamasa kwako a ku be ngo-Jehova;
U ya kukunika oku celwa inhliziyo yako.
5 Yetwesa uJehova umtwalo wendhlela yako;
Temba kuye, yena u ya kukwenza.
6 U ya kupumisa ukulunga kwako njengokukanya,
Nemfanelo yako njengemini.
7 Tula pambi ku ka Jehova, u m hlalele yena;
U nga katazeki ngaye o hlanhlazeleka endhleleni yake,
Ngaye umuntu o feza amacebo amabi.
8 Yeka ulaka u shiye ukufuteka,
U nga katazeki, ku veza okubi kupela.
9 Ngokuba ab'enza okubi ba ya kunqunywa;
Kepa bona aba hlalela uJehova ba ya kulidhl'ubufa izwe.
10 Ku se umzuzwana ishinga li nga be li sa bako:
Yebo, wo bhekisisa indawo yalo li nga be li sa bako lona.
11 Kepa abatobileyo ba ya kulidhl'ubufa izwe,
Ba tamase ekuvameni kwokutula.
12 Ishinga li ya m hlosa olungileyo,
Li m gedhlela imihlati.
13 INkosi i ya kulihleka;
Ngokuba i bona ukuba usuku lwalo lu y'eza.
14 Amashinga a koke inkemba, a goba umnsalo wawo;
Ukuze a wise pansi ompofu nempabanga,
A bulale aba ndhlela ite ntse.
15 Inkemba yawo yo ngena kweyawo inhliziyo,
Y'apuke iminsalo yawo.
16 Kuhle okuncane a nako olungileyo
Kunokukulu kwamashinga amaningi.
17 Ngokuba izingalo zamashinga zi ya kwapulwa;
Kepa uJehova u ya pasa abalungileyo.
18 UJehova u ya z'azi izinsuku zabapeleleyo;
Ifa labo li ya kuhlala ku ze ku be nini.
19 A ba yi kujaba ngesikati sokubi;
Na ngezinsuku zendhlala bo suta.
20 Kepa amashinga a ya kububa,
Izita zi ka Jehova zi be njengamanoni ezimvana:
Zi ya kupela; zi pele emusini.
21 Ishinga li ya tsheleka li nga koki;
Kepa olungileyo u nomusa, u ya pa.
22 Ngokuba aba busisiwe uye ba ya kulidhl' ubufa izwe;
Kepa aba qalekiswa uye ba ya kunqunywa.
23 Ukuhamba kwomuntu ku ya qiniswa nguJehova;
Wenamela indhlela yake.
24 Noma e wa, ka yi kubambalazeka;
Ngokuba uJehova u ya m pasa ngesandhla sake.
25 Kade ngi musha, kaloku se ngi mdala;
Noko a ngi zanga ngi bone olungileyo e shiyiwe,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Nenzalo yake i panza ukudhla.
26 Imini yonke u nomusa, u ya tsheleka;
Inzalo yake i busisiwe.
27 Suka kokubi, wenze okulungileyo;
U hlale ku ze ku be nini.
28 Ngokuba uJehova u ya tanda ukwahlulela,
A ka shiyi abangcwele bake;
Ba ya gcinwa ku ze ku be nini:
Kepa inzalo yamashinga i ya kunqunywa.
29 Abalungileyo ba ya kudhl'ubufa izwe,
Ba hlale kulo ku ze ku be nini.
30 Umlomo wolungileyo u ya shumayela ukuhlakanipa,
Nolimi lwake lu ya kuluma ukwahlulela.
31 Umteto ka Nkulunkulu wake u senhliziyweni yake;
Izinyatelo zake a zi yi kushelela.
32 Ishinga li ya m qamekelela olungileyo,
Li funa ukumbulala,
33 UJehova ka yi kumshiya esandhleni salo,
Ka yi kumlahla ekwahlulelweni kwake.
34 Hlalela uJehova, u gcine indhlela yake,
Wo ti a ku pakamise ukuba u li dhl'ubufa izwe:
Ekunqunyweni kwamashinga u ya kukubona wena.
35 Ngi bonile ishinga li dhlangalele,
Li xantile njengomuti wendabuko oluhlaza.
36 Kwa dhlula umuntu, naku-ke, li nga seko:
Yebo, nga li funa, a la ze la tolwa.
37 Qonda opeleleyo, u bone oqoto;
Ngokuba ku kona ukupela okuhle kumuntu wokutula.
38 Kepa abapambukayo ba ya kushabalaliswa kanyekanye:
Ukupela kwamashinga ku ya kunqunywa.
39 Kepa ukusindiswa kwabalungileyo ku vela ku Jehova:
U inqaba yabo ngesikati sosizi.
40 UJehova u ya ba siza a ba kulule:
U ya ba kulula kuwo amashinga, a ba sindise,
Ngokuba ba pepela kuye.

Umtandazo wopendukileyo, e sebuhlungwini.

Ihubo li ka Davida lokukumbuza.

38 Jehova, u nga ngi soli u tukutele;
U nga ngi layi u futeka.
2 Ngokuba imicibisholo yako i ngi hlaba,
Isandhla sako si ya ngi cindezela.
3 A kuko ndawo epilileyo enyameni yami ngenxa yokubhaha kwako;
A kuko ukupumula ematanjeni ami ngenxa yesono sami.
4 Ngokuba ububi bami b'eqile ikanda lami:
Njengomtwalo osindayo bu ya ngi sinda.
5 Izixatu zami zi ya nuka, zi ya cica,
Ngenxa yobupukupuku bami.
6 Ngi konkobele ngi folile kakulu;
Ngi ya hamba ngi kedamisile imini yonke.
7 Ngokuba ukalo lwami lu ya sha impela;
A kuko ndawo epilileyo enyameni yami.
8 Se ngi pel'amandhla, ngi tubekile kakulu:
Ngi bubulile ngenxa yokugqiha kwenhliziyo yami.
9 Nkosi, ukufisa kwami konke ku pambi kwako;
Ukukala kwami a ku fihlakele kuwe.
10 Inhliziyo yami i ya gquma, amandhla ami a ya ngi shiya:
Futi ukukanya kwamehlo ami a ku seko kimi.
11 Izitandwa zami nezihlobo zami zi mele kude nesifo sami;
Aba inyama yami b'emi kashana.
12 Bona aba funa ikanda lami ba ya ngi cupa;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Aba hlosa ukungilimaza ba kuluma okubi,
Be zindhla inkohliso imini yonke.
13 Kepa mina ngi njengesitulu a ngi zwa;
Ngi njengesimungulu esi nga vuli umlomo waso.
14 Yebo, ngi njengomuntu ongezwayo,
Oku ngeko nokusola emlonyeni wake.
15 Ngokuba ngi tembela kuwe, Jehova;
Wena u ya kupendula, Nkosi yami, Nkulunkulu wami.
16 Ngokuba ngi te, Funa ba tokoze ngami:
Ekusheleleni kwonyawo lwami, ba zikulisa pezu kwami.
17 Ngokuba ngi lungele ukuwa,
Usizi lwami lu pambi kwami njalonjalo.
18 Ngokuba ngi ya kuveza icala lami;
Ngi dabukele isono sami.
19 Kepa izita zami zi pilile, zi namandhla;
B'andile bona abangizondayo ngoku nge iko.
20 Bona aba vuza okuhle ngokubi
Ba ngabayimpi kimi, ngokuba ngi landela okulungileyo.
21 U nga ngi shiyi, Jehova:
Nkulunkulu wami, u nga bi kude nami.
22 Putuma ukungisiza,
Nkosi, msindisi wami.

Ubuze bokupila.

Ku mhlonzi wokuhlabelela, ku Jedutun. Ihubo li ka Davida.

39 Nga ti, ngi ya kuqapela izindhlela zami,
Ukuze ngi ng'oni ngolimi lwami:
Ngi ya kubamba umlomo wami ngetomu,
Lapa ishinga li pambi kwami.
2 Nga ngi isimungulu ngi tula, nga binda na kuko okuhle;
Kwa se ku tunukala ubuhlungu bami.
3 Inhliziyo yami ya shisa ngapakati kwami;
Ngi sa zindhla, umlilo wa vuta;
Nga se ngi kuluma ngolimi lwami nga ti:
4 Jehova, ng'azise ukupela kwami,
Nesilinganiso sezinsuku zami ukuba si yini;
Ma ngi b'azi ubutakataka bami.
5 Bheka, u z'enzile izinsuku zami zi be ngangobubanzi besandhla;
Ibanga lokupila kwami li yize nje pambi kwako;
Impela abantu bonke ba yize nje nakuba be se mi. [Sela
6 Impela abantu bonke ba hamba njengesitunzi;
Impela ba katazeka ngeze:
U ya nqwabela imfuyo, kepa a k'azi ukuba i ya kubutwa ubani.
7 Kalokuke, Nkosi, ngi hlalela ntoni?
Itemba lami li kuwe.
8 Ng'opule kuzo zonke izipambuko zami;
Ma u nga ng'enzi isihlamba seziwula.
9 Nga ngi isimungulu, a ngi vulanga umlomo wami;
Ngokuba wa kwenza wena.
10 U nga b'u sa ngi shaya imivimbo:
Ngi ya pela ukumukula kwesandhla sako.
11 Lapo u laya umuntu ngokusola ngenxa yobubi,
Wonakalisa ubuhle bake njengenundu:
Impela bonke abantu ba yize nje. [Sela
12 Yizwa umtandazo wami, Jehova, u bek'indhlebe kuko ukukala kwami;
U nga tuli ngezinyembezi zami:
Ngokuba mina ngi ngowezizwe kuwe,
Ngi ngote gozololo njengobaba bonke.
13 A k'u ngi yeke, ke ngi hlabe ikefu,
Ngi nga ka muki lapa, ngi nga be ngi sa bako.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umhlatshelo wokubonga nomtandazo wokusizwa.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. Ihubo li ka Davida.

40 Nga m hlalela nokumhlalela uJehova;
Yena wa tambekela kimi, w'ezwa ukukala kwami.
2 Wa ngi kipa emgodini osabekayo; na sobishini olu ubuku;
Wa misa izinyawo zami edwaleni, wa qinisa ukuhamba kwami.
3 U bekile emlonyeni wami ingoma entsha, indumiso ku Nkulunkulu wetu:
Ba ya kubona abaningi, b'esabe,
Ba m etembe uJehova.
4 U busisiwe lowo muntu o w'enza uJehova a be itemba lake,
E nga bheki abazigqabayo, nabo aba cezukela emangeni.
5 Jehova, Nkulunkulu wami, miningi imimangaliso yako oyenzileyo,
Nezizindhlo zako ngati:
A zi na kuhlelwa pambi kwako;
Nxa ngi nga zi landa, ngi kulume ngazo,
A zi nakubalwa.
6 Umhlatshelo nomnikelo wempupu a u w'enameli;
Izindhlebe zami u zi vulile:
Umnikelo oshiswayo, nomnikelo wesono a u wu bizanga.
7 Nga se ngi ti, Bheka, se ngi fikile;
Emqulwini wencwadi ku lotshiwe ngami; ukuti,
8 Ng'enamela ukwenza intando yako, Nkulunkulu wami;
Yebo, umteto wako u pakati embilinini wami.
9 Ngi shumayele izindaba ezinhle zokulunga embutanweni omkulu;
Bheka, a ngi yi kutibela umlomo wami,
Jehova, wena u y'azi.
10 A ngi tukusanga ukulunga kwako enhliziyweni yami;
Ngi kulumile ngokwetembeka kwako nosindiso lwako;
A ngi fihlelanga umbutano omkulu isihau sako, neqiniso lako.
11 Jehova, u nga ngi nqabeli nesihe sako;
Isihau sako neqiniso lako ma ku ngi londe njalonjalo.
12 Ngokuba okubi oku nge na kubalwa ku ngi zongolozele;
Ububi bami bu ngi ficile, a ngi namandhla ukubheka;
Bu dhlula ngobuningi izinwele zekanda lami;
Inhliziyo yami i mukile kimi.
13 Jehova, simze u ng'opule:
Putuma ukungisiza, Jehova.
14 Ma ba jabe ba yangaze kanyekanye
Aba funa umpefumulo wami ukuwuqeda:
Ma ba hlehliselwe emuva ba hlaziswe
Ab'enamela ukuba ngi fikelwe okubi.
15 Ma ba citakale ngenxa yokudumala kwabo
Aba ti kimi, Ashila! Ashila!
16 Ma ba jabule ba tokoze kuwe bonke abakufunayo:
Ma ba ti njalonjalo aba tanda usindiso lwako,
Ma ka kuliswe uJehova.
17 Kepa mina ngi mpofu, ngi impabanga;
Noko iNkosi i cabanga ngami:
U ngumsizi wami nomkululi wami;
Nkulunkulu wami ma u nga libali.

UmHlabeleli e gula u ya kala ngezihlobo ezimbumbulu.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. Ihubo li ka Davida.

41 U busisiwe yena o nakekela ompofu:
UJehova u ya kumhlangulisa ngosuku lokubi.
2 UJehova u ya kumgcina a m enze a pile,
Yena u ya kubusiswa emhlabeni;
U nga m kapeli entandweni yezita zake.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

3 UJehova u ya kumpasa okukweni lwesifo:
Wena u ya m endhlalela umbede wonke wake ekuguleni kwake.
4 Ngi te, Jehova, yiba nomusa kimi:
Pilisa umpefumulo wami; ngokuba ng'onile kuwe.
5 Izita zami zi kuluma okubi ngami, zi ti,
U ya kufa nini, li bube igama lake na?
6 Noma eza kungibona, u kuluma amanga;
Inhliziyo yake i ya zibutela okubi:
E se pumele ngapandhle, u kuluma ngako.
7 Bonke abangizondayo ba ya nyenyezelana ngami;
Ba ceba ngami okubi.
8 Ba ti, Indaba yobuhatanga i namatele kuye;
Njengaloku e lele pansi a ka yi kubuya a vuke.
9 Yebo, umngane wami, engangimetembayo,
Eya dhla ukudhla kwami,
I ngi pakamisele isitende sayo.
10 Kepa wena, Jehova, yiba nomusa kimi, u ngi lulamise,
Ukuze ngi ba pindise.
11 Nga loku ngi y'azi ukuti u ya ng'enamela,
Ngokuba isita sami a si halalisi ngami.
12 Kepa mina, u ya ngi pasa ekupeleleni kwami,
U ngi mise pambi kwobuso bako ku ze ku be nini.

13 Ma ka bongwe uJehova, uNkulunkulu ka Israeli,
Ku sukela pakade ku ze ku be nini.
Amen, Amen.

INCWADI II

UmHlabeleli womela uNkulunkulu e sekuhlupekeni na sekuxoshweni.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. IMaskili lamadodana ka Kora.

42 Njengendhluzele i gangadekela imifula yamanzi,
Ku njalo umpefumulo wami u gangadekela wena Nkulunkulu.
2 Umpefumulo wami womela uNkulunkulu, uNkulunkulu opilayo:
Ngi ya kufika nini, ngi bonakale pambi ku ka Nkulunkulu na?
3 Izinyembezi zami za be zi ukudhla kwami emini na sebusuku,
La be ti kimi imihla yonke, Upi uNkulunkulu wako?
4 Ngi ya kumbula loku, ngi tulula kimi umpefumulo wami,
Ukuti ngi hambisene naso isiqumbi, nga si holela endhlini ka Nkulunkulu,
Ngezwi lokwenanela, nelokubonga, isixuku es'enza umkosi.
5 Yini ukuba u dangale mpefumulo wami?
U dungeke ngani pakati kwami?
Tembela ku Nkulunkulu: ngokuba ngi ya kunce ngi m bonge,
Ngokusindisa kwobuso bake.

6 Nkulunkulu wami, umpefumulo wami u dangele pakati kwami;
Ngakoke ngi ya ku kumbula ngi sezweni la seJordan,
NelamaHermon, na sentabeni iMizare.
7 Utotololo u biza utotololo ekuhlokomeni kwezimpopomo zako:
Onke amadhlambi ako namaza ako eqile pezu kwami.
8 Noko uJehova wo yala isihau sake emini;
Na sebusuku ingoma yake i ya kuba kimi,
Umtandazo ku Nkulunkulu wokupila kwami.
9 Ngi ya kuti ku Nkulunkulu, idwala lami,
U kohliwe yimi ngani na?

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ngi hambelani ngi kedamisile ngenxa yokubandezela kwesita?
10 Njengenkemba ematanjeni ami, abayimpi kimi ba ya ngi capa ngenhlamba,
La be ti imihla yonke, Upi uNkulunkulu wako na?
11 Yini ukuba u dangale mpefumulo wami?
U dungeke ngani pakati kwami?
Tembela ku Nkulunkulu; ngoba ngi ya kunce ngi m bonge,
O ng'osindisa ubuso bami, uNkulunkulu wami.

Umtandazo w'o cela ukuhlanguliswa.

43 Ng'ahlulele, Nkulunkulu, u pikele indaba yami ngi lwa nesizwe esi nge nasihau:
Ngi hlangulise ku muntu wenkohliso n'o nga lungile.
2 Ngokuba wena u nguNkulunkulu wamandhla ami; u ngi lahleleni na?
Ngi hambelani ngi kedamisile ngenxa yokubandezela kwesita?
3 Tuma ukukanya kwako neqiniso lako; ma ku ngi hole:
Ma ku ngi yise entabeni engcwele yako,
Na sematabanekeleni ako.
4 Konake ngi ya kuya elatini li ka Nkulunkulu,
Ku Nkulunkulu o intokozo yokwetaba kwami;
Ngi ku bonge ngenkoka, Nkulunkulu, Nkulunkulu wami.
5 Yini ukuba u dangale, mpefumulo wami?
U dungeke ngani pakati kwami na?
Tembela ku Nkulunkulu; ngokuba ngi ya kunce ngi m bonge,
O ng'osindisa ubuso bami, uNkulunkulu wami.

Usindiso lwamandulo nezinkatazo za manje.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. Elamadodana ka Kora. IMaskili.

44 Nkulunkulu, si zwile ngezindhlebe zetu,
Obaba ba si balisele
Ngomsebenzi owawenzayo ezinsukwini zabo,
Ezinsukwini zamandulo.
2 Wa xosha izizwe ngesandhla sako;
Wa ba tshala bona:
Wa pata kabi izinhlanga;
Kodwa wa ba sabalalisa bona.
3 Ngokuba a ba li dhlanga izwe ngenkemba yabo,
Eyabo ingalo a i ba sindisanga;
Kwenziwa isandhla sokunene sako, nengalo yako, nokukanya kwobuso bako,
Ngokuba wa u nesisa kubo.
4 Wena u iNkosi yami, Nkulunkulu:
Ma u yale ukuba uJakobe a sindiswe.
5 Ngawe so qubusha abayimpi kiti:
Ngegama lako so nyatela pansi bona abasivukelayo.
6 Ngoba a ngi yi kwetemba umnsalo wami,
Inkemba yami a i yi kungisindisa.
7 Nguwe o si sindisile kubo abayimpi kiti,
Wa ba jabisa abasizondayo.
8 Si gabe ngoNkulunkulu imini yonke,
Si ya kubonga igama lako ku ze ku be nini. [Sela

9 Kepa manje u si lahlile, wa si hlazisa,
A u pumi kanye nezimpi zetu.
10 U ya si buyisela emva pambi kwoyimpi;
Abasizondayo ba ya zipangela.
11 U s'enze sa ba njengezimvu zokuhlatshwa,
Wa si hlakaza ezizweni.
12 U ya tengisa abantu bako ngeze,
A wandisanga ingcebo yako ngentengo yabo.
13 U s'enzile si be isihlamba kubo abakelwane betu,
Usulu nesihxolodelo kubo abasizungezileyo.
14 U s'enzile si be isiga ezizweni,
Abokunqakuzelwa ikanda pakati kwabantu.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

15 Imini yonke ihlazo lami li pambi kwami,
Nezinhloni zobuso bami zi ngi mbozile,
16 Ngezwi l'o capa ngenhlamba nohlambalazayo,
Ngenxa yesita nopindiselayo.
17 Loku konke ku fike pezu kwetu; kepa a si kohlwanga uwe,
A si kohlisanga esivumelwaneni sako.
18 Inhliziyo yetu a i hlehlelanga emuva,
Ukuhamba kwetu a ku cezukanga endhleleni yako,
19 Ukuba u ze u si tubuze kabi endaweni yamakanka,
U si mbozile ngetunzi lokufa.
20 Uma si kohliwe igama li ka Nkulunkulu wetu,
Noma s'elulele izandhla zetu ku nkulunkulu wezizwe;
21 UNkulunkulu a ka yi kupendhla loku na?
Ngokuba yena u ya z'azi izimfihlakalo zenhliziyo.
22 Yebo, ngenxa yako si ya bulawa imini yonke;
Ku tiwa si izimvu zokuhlatshwa.
23 Vuka, Nkosi, u laleleni?
Papama, u nga si lahli njalonjalo.
24 U sitezelani ubuso bako,
U kohlwe ukuhlupeka kwetu nokubandezelwa kwetu?
25 Ngokuba umpefumulo wetu u kotamele otulini:
Isisu setu si namatele emhlabatini.
26 Vuka u si size,
U si hlenge ngenxa yesihau sako.

Ingoma yokugcagciselwa kwenkosi.

Ku mhlonzi wokuhlabelela; ku lungiselwe iShoshanim. Elamadodana ka Kora. IMaskili. Ingoma yotando.

45 Inhliziyo yami i ya pupuma ngendaba enhle;
Ngi kuluma amagama engi wa qambele iNkosi:
Ulimi lwami lu usiba l'o bhala kalula.
2 U muhle wena kunabantwana babantu;
Umusa u teliwe emlonyeni wako:
Ngakoke uNkulunkulu u ku busisile ku ze ku be nini.
3 Binca inkemba yako etangeni lako, siqwaga,
E ngukutuseka kwako nobukosi bako.
4 Hlanhlazeleka ebukosini bako, u gibele u hambe,
Ngenxa yeqiniso, nokutobeka, nokulunga:
Ko ti isandhla sokunene sako si ku fundise okusabekayo.
5 Imicibisholo yako i loliwe;
Izizwe zi ya wa pansi kwako;
I senhliziyweni yezita zeNkosi.
6 Isihlalo sako sobukosi, Nkulunkulu, si mi ku ze ku be nini na nini:
I yintonga yobuqoto intonga yombuso wako.
7 U tandile ukulunga, wa zonda ukushinga:
Ngako uNkulunkulu, uNkulunkulu wako, u ku gcobile
Ngamafuta enjabulo ngapezu kwamagxebe ako.
8 Zonke izingubo zako zi qolwe ngemure nenhlaba, nekasiya;
Ezindhlini zobukosi zopondo lwendhlovu izingubu zi ku tokozisile.
9 Amadodakazi amakosi a sesifazaneni sako esitandekayo;
Inkosikazi i mi nga kwesokunene sako i fake igolide la seOfire.
10 Yizwa, ndodakazi, u bone, u tobise indhlebe yako;
U kohlwe abantu ba kini nendhlu ka yihlo:
11 Ko ti inkosi i nxanele ubuhle bako;
Ngoba yinkosi yako pela, yi kotamele.
12 Indodakazi ya seTire yo ba kona i pete isipo;
Abacebileyo babantu ba ya kucebedisa kuwe.
13 Indodakazi yenkosi i ngukukazimula kodwa pakati kwesigodhlo:
Isambato sayo s'alukwe ngegolide.

Digitized by Google Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

14 Yo yiswa enkosini i mbete okufeketisiweyo:
Izintombi, abangane bayo, eziyilandelayo
Zo letwa kuwe.
15 Zi zo yiswa ngokutokoza nokwetaba:
Zi ngene endhlini yenkosi.
16 Esikundhleni sa oyihlo ko ba kona abantwana bako,
O ya kubabeka izikulu emhlabeni wonke.
17 Ngi ya kwenza li kunjulwe igama lako ezizukulwaneni zonke:
Ngako izizwe zi ya ku kubonga ku ze ku be nini na nini.

UNkulunkulu e isipepelo sabantu bake.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. Elamadodana ka Kora; ku lungiselwe iAlamoti. Ingoma.

46 UNkulunkulu u isipepelo setu, namandhla etu,
U ngumsizi o funyanwa kakulu ezinkatazweni.
2 Ngako a si yi kwesaba nakuba ku penduka umhlaba,
Noma izintaba zi nyakaziselwa ekujuleni kwolwandhle;
3 Noma amanzi alo e duma e kepuza,
Noma izintaba zi zamazama ngokukukumala kwawo. [Sela

4 U kona umfula o zimbaxa zawo zi tokozisa umuzi ka Nkulunkulu,
Indawo engcwele yamatabanekele oPezu Konke.
5 UNkulunkulu u pakati kwawo; a u yi kunyakaziswa:
UNkulunkulu u ya kuwusiza ngovivi lokusa.
6 Izizwe za xokozela, imibuso ya nyakaza:
U pumisele izwi lake, umhlaba wa ncibilika.
7 UJehova wamabandhla u kiti;
UNkulunkulu ka Jakobe u ngumboshongo wetu opakemeyo. [Sela

8 Yizani ni bone imisebenzi ka Jehova,
Izincitakalo azenzileyo emhlabeni.
9 U ya tulisa ukulwa ku ze ku be semkaulweni womhlaba;
Wapula umnsalo, a nqume umkonto,
U ya shisa izinqolana zempi ngomlilo.
10 Tulani n'azi ukuba ngi ngu-Nkulunkulu;
Ngi ya kupakanyiswa pakati kwezizwe, ngi ya kupakanyiswa emhlabeni.
11 UJehova wamabandhla u kiti;
UNkulunkulu ka Jakobe u ngumboshongo wetu opakemeyo. [Sela

UNkulunkulu, inkosi yomhlaba.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. Ihubo lamadodana ka Kora.

47 Shayani ihlombe nonke nina zizwe;
Hlokomani ku Nkulunkulu ngezwi lokwenanela.
2 Ngokuba uJehova oPezu Konke u y'esabeka;
U iNkosi enkulu pezu kwomhlaba wonke.
3 U yahlula abantu ba be pansi kwetu,
Nezizwe pansi kwezinyawo setu.
4 U ya si ketela ifa letu,
Ubudhlondhlobala bu ka Jakobe amtandayo. [Sela
5 UNkulunkulu w'enyukile ku hlokonywa,
UJehova ku kala icilongo.
6 M hubeleni uNkulunkulu, m hubeleni:
Yi hubeleni inkosi yetu, yi hubeleni.
7 Ngokuba uNkulunkulu u iNkosi yomhlaba wonke:
Hubani ngokuhlakanipa.
8 UNkulunkulu u ya busa izizwe:
UNkulunkulu u hlezi esihlalweni sake esingcwele.
9 Amakosana abantu a butene,
A be abantu ba ka Nkulunkulu ka Abraham;
Ngokuba izihlangu zomhlaba ezi ka Nkulunkulu:
U pakeme kakulu.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ubuhle nobucwazicwazi beZiyon.

Ingoma; ihubo lamadodana ka Kora.

48 Mkulu uJehova, nga e dunyiswa kakulu yena,
Emzini ka Nkulunkulu wetu, entabeni yake engcwele.
2 Inhle ngokupakama, i jabulisa umhlaba wonke,
Intaba iZiyon, emacaleni a senyakato,
Umuzi weNkosi enkulu.
3 UNkulunkulu u y'aziwa ezindhlini zawo zobukosi, ukuti u ngumboshongo opakemeyo.
4 Ngokuba, bheka, amakosi a hlangana,
A dhlula kanyekanye.
5 A wu bona, a mangala;
A papateka, a yayateka.
6 A banjwa ukututumela kona,
Nokuzibinya njengobeletayo.
7 Wapula imikumbi ya seTarshishi
Ngomoya wa sempumalanga.
8 Njengesikuzwileyo, si bone kanjalo,
Emzini ka Jehova wamabandhla, emzini ka Nkulunkulu wetu:
UNkulunkulu u ya kuwuzinzisa ku ze ku be nini. [Sela
9 Si kumbulile, Nkulunkulu, isihau sako,
Pakati kwetempeli lako.
10 Njengaloku li njalo igama lako, Nkulunkulu,
Ku njalo ukudunyiswa kwako ku ze ku be semikaulweni yomhlaba:
Isandhla sokunene sako si gcwele ukulunga.
11 Intaba iZiyon ma i tokoze,
Amadodakazi a kwa Juda etabe,
Ngenxa yezahlulelo zako.
12 Zungezani iZiyon, ni li yingilizele;
Ni bale imiboshongo yalo;
13 Qapelani izinqaba zalo;
Ni bheke izindhlu zalo zobukosi:
Ukuze ni ku balisele isizukulwane esilandelayo.
14 Ngokuba lo Nkulunkulu u ngu-Nkulunkulu wetu ku ze ku be nini na nini:
U ya kusihola ku ze ku be sekufeni.

Ubuwula bokwetemba ingcebo.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. Ihubo lamadodana ka Kora.

49 Yizwani loku nonke nina zizwe;
Ni beke indhlebe nonke nina abakileyo ezweni,
2 Nina bantukazana nabanumzana,
Nani zicebi kanye nabampofu.
3 Umlomo wami u za kukuluma ukuhlakanipa;
Ukuzindhla kwenhliziyo yami ku za kuba ukuqonda.
4 Ngi ya kutobisela indhlebe yami kuwo umlinganiso:
Ngi penye imfumbe yami ngenkoka.
5 Ngi ya kwesabelani ezinsukwini zokubi na?
Nxa ububi bu ngi haqile nga sezitendeni zami na?
6 Bona ab'etemba imfuyo yabo,
Be zi gabisa ngobuningi bengcebo yabo;
7 A kako kubo o nga hlenga nokuhlenga umfo wabo,
A kako o nga nika uNkulunkulu isihlaulelo ngaye.
8 (Ngokuba ukuhlengwa kwompefumulo wabo ku ya biza,
Nga ku yekwa ku ze ku be nini),
9 Ukuba a pile njalo,
A nga boni ukubola.
10 Ngokuba u ya kukubona. Abahlakanipileyo ba ya fa;
Isiwula nesituntusha zi buba ngokufanayo,
Zi shiyele abanye imfuyo yazo.
11 Imbilini yabo i ti, izindhlu zabo zi ya kuba kona ku ze ku be nini,
Namakaya abo kuzo izizukulwane nezizukulwane;
Ba qamba amazwe abo ngamagama abo.
12 Kodwa umuntu nokuba e tuseka nje ka hlali:
U fana nezilwane ezibubayo.

13 Le ndhlela yabo i ubuwula babo:

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Noko izinkulumo zabo zi ya kola be nga seko. [Sela
14 Ba miselwa iSheoli njengezimvu;
Ukufa ku ya kuba umalusi wabo:
Abaqoto ba ya kubabusa ekuseni;
Ubuhle babo bu qedwe iSheoli,
Ukuba ku nga biko indawo yabo yokuhlala.
15 Kepa uNkulunkulu u ya kuhlenga owami umpefumulo emandhleni eSheoli. [Sela
Ngokuba yena wo ng'amkela.
16 U ng'esabi uma umuntu e cebiswa,
Uma udumo lwendhlu yake lwandile:
17 Ngokuba ekufeni kwake a ka yi kuhamba na luto;
Udumo lwake a lu yi kwehla emva kwake.
18 Noma e sa pila wa busisa umpefumulo wake
(Balake abantu ba ya ku bonga uma u z'enzela okuhle),
19 U ya kuya esizukulwaneni sa oyise;
A ba soze ba bona ukukanya.
20 Umuntu otusekayo, e nga qondi,
U fana nezilwane ezibubayo.

UNkulunkulu, e ngumahluleli wabalungileyo nababi.

Ihubo li ka Asafu.

50 USomandhla, uNkulunkulu, uJehova, u kulumile,
U bize umhlaba ku suka ekupumeni kwelanga ku ze ku be sekushoneni kwalo.
2 EZiyon, ukupelela kwobuhle,
UNkulunkulu u kanyile.
3 UNkulunkulu wetu u y'eza, a ka tuli:
Umlilo u ya dhla pambi kwake,
Li ya kwishiza kakulu nga kuye inxa zonke.
4 U ya biza izulu ngapezulu,
Nomhlaba, ukuba ahlulele abantu bake:
5 Butelani kimi abangcwele bami,
Ab'enze isivumelwano nami ngomhlatshelo.
6 Ko ti izulu li veze ukulunga kwake;
Ngokuba uNkulunkulu u ngumahluli yena. [Sela
7 Yizwani, bantu bami, ngi ya kukuluma;
Yizwa, Israeli, ngo fakaza kuwe:
Ngi nguNkulunkulu, uNkulunkulu wako.
8 A ngi yi kukusola ngemihlatshelo yako;
Iminikelo yako eshiswayo i pambi kwami njalonjalo.
9 A ngi yi kutabata iduna endhlini yako,
Nezimpongo ezibayeni zako.
10 Ngokuba zonke izilwane zehlati zi ezami,
Nezinkomo ezi sezintabeni ezi inkulungwane.
11 Ngi ya z'azi zonke izinyoni zezintaba;
Nezilo za sendhle zi ezami.
12 Uma be ngi lambile be ngi nga yi kukutshela wena;
Ngokuba izwe li elami, nokugcwala kwalo.
13 Ngi ya kudhla inyama yezinkunzi,
Ngi puze igazi lezimpongo na?
14 Nikela ku Nkulunkulu umhlatshelo wokubonga;
U feze kuye oPezu Konke izitembiso zako;
15 U ngi bize ngosuku lwenkatazo:
Ngi ya kukukulula, wena u ngi dumise.

16 Kepa kulo ishinga uNkulunkulu u ti,
U nomsebenzi muni ukubalisa ngezimiso zami,
U pate isivumelwano sami ngomlomo wako na?
17 Loku u ya zonda ukulaywa,
U lahla nyovane amazwi ami na?
18 Wa ti ukubona isela, wa kolana nalo,
Wa dhlelana nezipingi.
19 U ya nikela umlomo wako ebubini,
Ulimi lwako lu ya bumba inkohliso.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

20 U ti u hlezi u kuluma ngomfo wenu;
U nyevuza indodana ka nyoko.
21 U z'enzile lezi zinto, nga tula;
U shaye sengati ngi njengawe:
Kepa ngi ya kukusola, ngi hlele loku emehlweni ako.

22 Manje qondani loku, nina eni kohlwa uNkulunkulu,
Funa ngi ni dwengule, ku nga biko owopulayo:
23 O nikela umhlatshelo wokubonga u ya ngi dumisa;
Naye o lungisa indhlela yake,
Ngi ya kumbonisa usindiso lu ka Nkulunkulu.

Umtandazo womoni ohlabekileyo e cela ukutetelelwa.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. Ihubo li ka Davida; ekufikeni ku ka Natan umprofeti kuye emva kwokuya kwake ku Bate-sheba.

51 Yiba nomusa kimi Nkulunkulu ngokwesihau sako:
Ngobukulu besihe sako ma u hlangule izipambuko zami.
2 Ma u ngi hlanzisise icala lami,
U ngi hlambulule isono sami.
3 Ngokuba ngi ya z'azi izipambuko zami;
Isono sami si pambi kwami njalo.
4 Ng'onile kuwe, kuwe wedwa,
Ng'enze okubi emehlweni ako;
Ukuze u lunge ekukulumeni kwako,
U cace ekwahluleleni kwako.
5 Bheka, nga zalelwa ebubini,
Na sekwoneni umame wa ngi tabata.
6 Bheka, u tanda iqiniso ezinsweni;
Ekusitekeni kwenhliziyo wo ng'azisa ukuhlakanipa.
7 Ngi potule ngehisope, ngi za kuba ngi hlambululekile:
Ngi hlanze, ngo ba mhlope kunongqoqwane.
8 Ma ngi zwe injabulo nentokozo,
Ukuze amatambo owatubuzileyo etabe.
9 Sitelisa ubuso bako ezonweni zami,
U hlangule onke amacala ami.
10 Dala kimi inhliziyo ehlambululekileyo, Nkulunkulu;
U vuse umoya oqinisekileyo pakati kwami.
11 Ma u nga ngi lahli ebusweni bako
U nga susi kimi uMoya wako ongcwele.
12 Ma u buyisele kimi injabulo ngosindiso lwako;
U ngi pase ngomoya ovumayo.
13 Konake ngo fundisa abapambukayo izindhlela zako;
Ko ti izoni zi buyele kuwe.
14 Ngi kulule egazini, Nkulunkulu, Nkulunkulu ongisindisayo;
Ulimi lwami lu ya kwenanela ngokulunga kwako.
15 Nkosi, vula izindebe zomlomo wami;
Umlomo wami u ya kulanda ngendumiso yako.
16 Ngokuba a wenameli umhlatshelo; nga be ngi ku nika wona:
A u ku koli umnikelo oshiswayo.
17 Imihlatshelo ka Nkulunkulu i ngumoya owapukileyo:
Inhliziyo eyapukileyo, nedabukileyo, Nkulunkulu, a u yi kuyidelela.

18 Yenzela iZiyon okuhle ngesisa sako:
Yaka izingange zeJerusalem.
19 Konake wo kwenama ngemihlatshelo yokulunga,
Iminikelo eshiswayo nepeleleyo:
Konake ba ya kunikela amaduna pezu kwamalati ako.

Ukuputa kwobubi obuzigabisayo.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. IMaskili li ka Davida; lapo uDowegi umEdom wa fika wa tshela uSaule, wa ti kuye, UDavida u fikile endhlini ka Ahimeleki.

52 U zigabiselani ngobubi wena siqwaga na?
Isihau si ka Nkulunkulu si mi njalonjalo.
2 Ulimi lwako lu ya ceba ububi uqobo,
Lu njengensingo eloliweyo, wena o wenza inkohliso.
3 Wena u tanda okubi kunokuhle,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukuqamba amanga kunokukuluma okulungileyo. [Sela
4 U ya tanda onke amazwi agwinyayo,
Wena lulimi lwenkohliso.
5 UNkulunkulu u ya kukubidhliza nawe njalonjalo;
Wo ku hlasila, a ku sipule etenteni lako,
A ku simbule ezweni labapilayo. [Sela
6 Abalungileyo ba ya kukubona, b'esabe,
Ba m hleke ba ti,
7 Nangu lo mfo o nga m enzanga uNkulunkulu inqaba yake,
W'etemba ubuningi bengcebo yake,
Wa ziqinisa ebubini bake.
8 Kepa mina ngi njengomnqumo oluhlaza endhlini ka Nkulunkulu:
Ngi y'etemba isihau si ka Nkulunkulu ku ze ku be nini na nini.
9 Ngi ya kukubonga ku ze ku be nini, ngokuba u kwenzile;
Ngi ya kuhlalela igama lako, ngokuba lihle, pambi kwabangcwele bako.

Ubuwula nobubi babantu.

Ku mhlonzi wokuhlabelela; ku lungiselwe IMahalati. IMaskili li ka Davida.

53 Isiwula si te enhliziyweni yaso, A kuko Nkulunkulu.
B'onakele, b'enzile amacala a ngamanyala;
A kako o wenza okuhle.
2 UNkulunkulu wa bheka, e sezulwini, e bheka abantwana babantu,
Ukuba a bone uma ku kona oqondileyo,
O funa uNkulunkulu.
3 Ba hlehlile bonke; bonakele kanyekanye;
A kako o wenza okuhle, a kako noyedwa.
4 Ka ba na kwazi ab'enza okubi na?
Aba dhla abantu bami njengaloku be dhla isinkwa na,
Be nga teti uNkulunkulu?
5 Ba ba novalo olukulu lapo kwa ku ngeko luvalo kona;
Ngokuba uNkulunkulu u sakazile amatambo ake o ku pakele impi:
Wena u ba jabisile, ngokuba uNkulunkulu u ba nqabile.
6 Kwangati ukusindiswa ku ka Israeli nga se ku vele eZiyon!
Ekubuyiseni ku ka Nkulunkulu abantu bake ekutunjweni,
U ya kwetaba uJakobe, a tokoze uIsraeli.

Umtandazo w'o cela ukuvikelwa eziteni.

Ku mhlonzi wokuhlabelela; ngezingubu. IMaskili li ka Davida; ekufikeni kwama-Zifi e ti ku Saule, UDavida ka cashile kiti na?

54 Ngi sindise, Nkulunkulu, ngegama lako,
Teta icala lami ngobuqwaga bako.
2 Nkulunkulu, yizwa umtandazo wami;
U bek'indhlebe emazwini omlomo wami.
3 Ngokuba abezizwe ba ngi vukele,
Izidhlangudhlangu zi funa umpefumulo wami:
A ba bekanga uNkulunkulu pambi kwabo. [Sela
4 Bheka, uNkulunkulu u ngumsizi wami;
INkosi i kubo abapasayo umpefumulo wami.
5 Yo buyisela okubi eziteni zami:
Ma u zi nqume ngeqiniso lako.
6 Ngi ya kukuhlabisa umnikelo wesihle:
Ngo bonga igama lako Jehova, ngokuba lihle.
7 Ngokuba u ng'opulile ezinsizini zonke;
Iso lami li bonile izita zami la dela.

Umtandazo wokuba ku bujiswe abambumbuluzayo.

Ku mhlonzi wokuhlabelela; ngezingubu. IMaskili li ka Davida.

55 Nkulunkulu, wu bekel' indhlebe umtandazo wami;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U nga zisitezi ekunxuseni kwami.
2 Ngi lalele, u ngi pendule:
Ngi ya yaluza ekukalazeni kwami, ngi bubule,
3 Ngenxa yezwi lesita,
Ngenxa yokubandezela kwamashinga;
Ngokuba ba ngi penquzela ububi,
Ba ngi zingela ngolaka.
4 Inhliziyo yami i ya zibinya pakati kwami:
Ngi ngenwe ivuso lokufa.
5 Ngi fikelwe ukwesaba nokututumela,
Ngi kwelwe ukugubhuzela.
6 Nga ti ke sengati ngi nga ba namapiko njengejuba!
Nga ku be ngi ya ndiza ngi yo pumula.
7 Bheka, nga ku be ngi ya baleka ngi ye kude,
Ngi ngenise ehlane. [Sela
8 Nga be ngi ya putuma ngi sinde
Emoyeni ovunguzayo na sesipepweni.
9 Ba gwinye, Nkosi, wahlukanise izilimi zabo;
Ngokuba ngi bonile ubudhlova nenkani emzini.
10 Emini na sebusuku ba ya zungeza ezingangeni zawo:
Ku kona okubi nokuhxina pakati kwawo.
11 Ububi bu pakati kwawo:
Ukubandezela nenkohliso a ku muki ezigcawini zawo.
12 Ngokuba a siso isita esi ngi cape ngenhlamba;
Be ngi ya kukutwala:
A siye ongizondayo o zikulise pezu kwami;
Be ngi ya kuzisiteza kuye:
13 Kepa uwena, umuntu o lingana nami,
Umhlobo wami nomngane wami.
14 Sa dhlelana naye kamnandi;
Sa hambisana nesixuku si ya endhlini ka Nkulunkulu.
15 Ukufa ma ku ba zume,
Ma b'ehlele eSheoli be s'ezwa;
Ngokuba ububi bu semakaya abo, pakati kwabo.
16 Mina ngi ya kuteta uNkulunkulu;
UJehova u ya kungisindisa.
17 Kusihlwa, na kusasa, na semini, ngi ya kukalaza, ngi bubule;
U ya kuzwa izwi lami.
18 U hlengile umpefumulo wami u be nokutula ekulweni okwa ku kimi;
Ngokuba ba be baningi aba bambana nami.
19 UNkulunkulu u ya kuzwa, a ba pendule,
Yena o seloku kwa ba sendulo e hlezi. [Sela
Bona abangapendukiyo,
Aba nga m esabi uNkulunkulu.
20 U yise izandhla zake kubo aba be hlalisene kahle naye:
U dumaze isivumelwano sake.
21 Umlomo wake wa u bushelezi kuhle kwamasi,
Kepa inhliziyo yake ya i yimpi:
Amazwi ake a e tambile kunamafuta,
Noko a be izinkemba ezikokiweyo.
22 Wetulele ku Jehova umtwalo wako, u ya kukupasa:
Ka soze a yeka abalungileyo ukuba ba nyakaziswe.
23 Kepa wena Nkulunkulu u ya kub'ehlisela emgodini wokubujiswa:
Abantu begazi nenkohliso a ba yi kufeza inxenye yezinsuku zabo;
Kepa mina ngi ya kwetemba kuwe.

Ukunxusela ukwopulwa, nokubonga nokwetembela ku Nkulunkulu.

Ku mhlonzi wokuhlabelela; ku lungiselwe iJonati elem rehokim. Eli ka Davida. IMiktam; ekubanjweni kwake amaFilisti eGati.

56 Yiba nomusa kimi Nkulunkulu; ngokuba abantu ba funa ukungiminza:
Usuku lonke ba ngi bandezela be lwa.
2 Izita zami zi funa ukungiminza usuku lonke;
Ngokuba ba ningi aba lwa nami ngokuzidhla.
3 Ngosuku eng'esaba ngalo,
Ngi ya kwetemba kuwe.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

4 Ku Nkulunkulu (ngo dumisa izwi lake),
Ku Nkulunkulu ngi tembile, a ngi yi kwesaba;
Inyama i ng'enzani kimi na?
5 Ba hlanekezela amazwi ami usuku lonke:
Izizindhlo zonke zabo zi ngami ngokubi.
6 Ba butana, ba ngi zulumba,
Ba qapela izinyatelo zami,
Njengokuba be qamele umpefumulo wami.
7 Ba ya kusinda ngokubi na?
Yehlisa abantu ngolaka, Nkulunkulu.
8 U ya bala ukuzulazula kwami:
Yita izinyembezi zami emvabeni yako;
A ziko encwadini yako na?
9 Konake izita zami zo buyela emuva ngosuku engi biza ngalo:
Ngi ya kwazi loku, ukuba uNkulunkulu u kimi.
10 Ku Nkulunkulu (ngo dumisa izwi lake),
Ku Jehova (ngo dumisa izwi lake),
11 Ku Nkulunkulu ngi tembile, a ngi yi kwesaba;
Umuntu a ng'enzani kimi na?
12 Nkulunkulu, izitembiso zami kuwe zi pezu kwami:
Ngi ya kukoka ngeminikelo yokubonga kuwe.
13 Ngokuba wopule umpefumulo wami ekufeni:
Angiti nezinyawo zami ukuba ngi nga ti balakaxa na?
Ukuze ngi hambe pambi ku ka Nkulunkulu
Ekukanyeni kwabapilayo na?

Umiandazo w'o cela ukusindiswa kwabamzingelayo.

Ku mhlonzi wokuhlabelela; ku lungiselwe iAli-tasheti. Eli ka Davida. IMiktam; ekweqeni kwake ku Saule, emhumeni.

57 Yiba nomusa kimi Nkulunkulu, yiba nomusa kimi;
Ngokuba umpefumulo wami u ya pepela kuwe:
Yebo, ngi ya kupepela etunzini lamapiko ako,
Ku ze ku dhlule lezi ziyiba.
2 Ngi ya kukala ku Nkulunkulu oPezu Konke,
Ku Nkulunkulu o ngi fezela konke.
3 U ya kutuma, e sezulwini, a ngi sindise,
La e se ngi capa ngenhlamba yena o funa ukungiminza;
[Sela
UNkulunkulu u ya kutumela isihau sake neqiniso lake.
4 Umpefumulo wami u pakati kwezingonyama;
Ngi lala pakati kwaba vuta umlilo,
Amadodana abantu, a mazinyo awo a imikonto nemicibisholo,
Ulimi lwawo lu inkemba ebukali.
5 Ma u pakame, Nkulunkulu, pezu kwezulu;
Ubukosi bako ma bu be pezu kwomhlaba wonke.

6 Ba lungisele ineta izinyawo zami;
Umpefumulo wami u gebile:
B'embile pambi kwami iveku;
Ba wile bona pakati kwalo.
[Sela
7 Inhliziyo yami i zinzile, Nkulunkulu, i zinzile inhliziyo yami:
Ngi ya kuhlabelela, yebo, ngi ya kuhuba.
8 Vuka, ludumo lwami; vuka, lugubu nawe nkoka:
Nami ngi ya kuvuka ngovivi lokusa.
9 Ngo ku bonga, pakati kwabantu, Nkosi yami:
Ngi ku hubele pakati kwezizwe.
10 Ngokuba isihau sako si kulu ku ze ku be sezulwini,
Neqiniso lako ku ze ku be sesibakabakeni.
11 Ma u pakame pezu kwezulu, Nkulunkulu;
Ubukosi bako ma bu be pezu kwomhlaba wonke.

Umtandazo wokuba ku jeziswe ababi.

Ku mhlonzi wokuhlabelela; ku lungiselwe iAli-tasheti. Eli ka Davida. IMiktam.

58 Imbala ni ya kulumela yini ukulunga nina zimungulu?

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ni y'ahlulela ngoku te ntse madodana abantu na?
2 Ayi, n'enza oku nga lungile enhliziyweni;
Ni ya linganisa ubudhlova bezandhla zenu emhlabeni.
3 Amashinga a bhunguka kwa sesizalweni;
A ya ndinda kwa sesiswini, e kuluma amanga.
4 Isihlungu sawo si njengesihlungu senyoka:
Ba njengebululu eli isitulu, eli vimba indhlebe yalo,
5 Eli nga laleli izwi labatonyayo,
Noma be li lumba ngokulumba kwokuhlakanipa.
6 Y'apula amazinyo awo emlonyeni wawo, Nkulunkulu:
Pohloza amabamba amabhongo ezingonyama, Jehova.
7 Ma ka citeke njengamanzi agijimayo njalo:
Lapo li nsala ngemicibisholo yalo ma i be njengokungati i nqantuliwe.
8 Ma ka be njengomnenke o ncibilika u pele,
Njengoku pupume kowesifazana oku nga boni ilanga.
9 Izimbiza zenu zi nga ka wu zwa umlilo wameva,
U ya kuwasusa ngesikwishikwishi, a luhlaza njengavutayo.
10 Olungileyo u ya kujabula e bona impindiselo:
U ya kugeza izinyawo zake egazini lamashinga;
11 Ba ze ba ti abantu, Impela ku kona umvuzo wolungileyo:
Impela ku kona uNkulunkulu owahlulelayo emhlabeni.

Umtandazo w'o cela ukwopulwa eziteni.

Ku mhlonzi wokuhlabelela; ku lungiselwe iAli-tasheti. Eli ka Davida. IMiktam; lapo uSaule wa tumela ukuba ba linde indhlu ukumbulala.

59 Ng'opule eziteni zami, Nkulunkulu wami:
Ngi pakamise ngi sinde kwabangivukelayo.
2 Ng'opule kwab'enza okubi,
U ngi sindise ku bantu begazi.
3 Ngokuba, bheka, ba qamela umpefumulo wami;
Aba namandhla ba butene ukulwa nami:
Ku nge ngasipambuko sami, ku nge ngasono sami, Jehova.
4 Ba ya gijima, ba hlome ku nge ngobubi bami:
Vuka u ngi size, u bheke.
5 Wena Jehova, Nkulunkulu wamabandhla, Nkulunkulu ka Israeli,
Papama u hambe izizwe zonke:
U nga bi na musa na koyedwa wab'enza ububi ngokudelela. [Sela
6 Ba buya kusihlwa, b'enza umkulungwane njengenja,
Ba zungeze umuzi.
7 Bheka, ba kihliza ngomlomo wabo;
Izinkemba zi sezindebeni zemilomo yabo:
Ngokuba, ba ti, Ubani ozwayo na?
8 Kepa wena, Jehova, u ya kubahleka;
U hleke usulu izizwe zonke.
9 Ngenxa yamandhla ake ngi ya kubheka kuwe;
Ngokuba uNkulunkulu u ngumboshongo wami opakemeyo.
10 UNkulunkulu wami ngesihau sake u ya kungihlangabeza:
UNkulunkulu u ya kuvuma ukuba ngi bone engikufisayo kwehlele izita zami.
11 U nga zi bulali, funa abantu bami ba kohlwe:
Zi zulise ngobuqawe bako, u z'ehlise,
Nkosi, sihlangu setu.
12 Ngesono somlomo wazo, namazwi ezindebe zemilomo yazo,
Ma zi banjwe ekuzidhleni kwazo,
Na ngokuqalekisa namanga eziwakulumayo.
13 Zi qede ngokufuta, zi qede, ukuba zi nga bi zi sa bako:
Ma z'azi ukuti uNkulunkulu u ya busa kwa Jakobe,
Ku ze ku be semajukujukwini omhlaba. [Sela

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

14 Ma ba buye kusihlwa, ma b'enze umkulungwane njengenja,
Ba zungeze umuzi.
15 Ba yo zulazula be funa ukudhla,
Ba hlale ubusuku bonke uma be nga suti.
16 Kepa mina ngo hlabelela amandhla ako;
Yebo, ngo nanela ngesihau sako ekuseni:
Ngokuba u be umboshongo wami opakemeyo,
Ihlati lami ngosuku losizi lwami.
17 Mandhla ami, ngi ya kukuhubela,
Ngokuba uNkulunkulu u ngumboshongo wami opakemeyo, u nguNkulunkulu o nesihau kimi.

Isililo ngokwahlulwa empini nomtandazo wokusizwa.

Ku mhlonzi wokuhlabelela; ku lungiselwe iShushan-Eduti. IMiktam li ka Davida lokufundisa; ekuxabaneni kwake neAram-naharayim neAram-zoba, uJowabi wa buya wa shaya uEdom eMhosheni ka Saoti aba izinkulungwane ezi ishumi nambili.

60 Nkulunkulu, u si lahlile, wa si fohloza;
U bu tukutele; ma u si buyise futi.
2 U zamazisile izwe; wa li qekeza:
Lungisa izindawo ezidilikileyo zalo; ngokuba li ya nyakaza.
3 U bonisile abantu bako oku lukuni:
Wa si puzisa iwayini elitengezelisayo.
4 U ba nikile abakwesabayo iduku,
Ukuba li pakanyiswe ngenxa yeqiniso. [Sela
5 Ukuze izitandwa zako zi kululwe
Sindisa ngesandhla sokunene sako, ngi pendule.
6 UNkulunkulu u kulumile ebungcweleni bake wa ti: Ngi ya kwetaba;
Ngi ya kwaba iShekem, ngi linganise isigodi sa seSukoti.
7 Owami uGiliyadi; owami uManase;
UEfrayim u inqaba yekanda lami;
UJuda u intonga yami yobukosi.
8 UMoabe u imbiza yami yokugeza;
Ngi ya kuponsa pezu ku ka Edom isicatulo sami;
Filistiya, hlokoma ngenxa yami.
9 Ubani o ya kungiyisa emzini oqinileyo na?
Ubani owangiholayo ukuya kwa Edom?
10 Angiti wena, Nkulunkulu, u si lahlile na?
A u pumi, nezimpi zetu, Nkulunkulu.
11 Ma u si size koyimpi;
Ngokuba lu ize usindiso lomuntu.
12 NgoNkulunkulu si ya kwenza ngobuqawe;
Ngokuba uyena o ya kunyatela pansi abayimpi kiti.

Ukugaba ngokulondolozwa nguNkulunkulu.

Ku mhlonzi wokuhlabelela; ngogubu. Eli ka Davida.

61 Yizwa, Nkulunkulu, ukumbongoza kwami;
Lalela umtandazo wami.
2 Ngo ku biza ngi semkaulweni womhlaba, uma inhliziyo yami i si te dica:
Ma u ngi holele etsheni eli pakeme kunami.
3 Ngokuba u bu isipepelo sami,
Umboshongo oqinileyo pambi kwesita.
4 Ngi ya kuhlala etenteni lako ku ze ku be nini:
Ngi ya kupepela ekusiteni kwamapiko ako. [Sela
5 Ngokuba wena, Nkulunkulu, u zwile izitembiso zami:
U ngi nike ifa labo abalesabayo igama lako.
6 U ya kwengeza izinsuku kuzo izinsuku zenkosi;
Iminyaka yayo i ya kuba njengezizukulwane nezizukulwane.
7 I ya kuhlala pambi ku ka Nkulunkulu ku ze ku be nini:
Yi misele isihau neqiniso, ukuze ku yi londe.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

8 Yikona ngi ya kuhubela igama
lako ku ze ku be nini,
Ukuba ngi feze izitembiso zami
imihla ngemihla.

UNkulunkulu kupela o yisipepelo kobalekela abambumbuluzayo naba pata ngokahlo.

Ku mhlonzi wokuhlabelela; ngoku ka Jedutun. Ihubo li ka Davida.

62 Umpefumulo wami u tulele
uNkulunkulu kupela:
Ukusindiswa kwami ku vela kuye.
2 Nguye kupela o iwa lami, nokusindiswa kwami:
U ngumboshongo wami opakemeyo, a ngi yi kunyakaziswa kakulu.
3 Ni ya kusukela umuntu ku ze ku be nini na?
Ukuba ni m bulale nina nonke,
Njengodonga olwengemeyo, notango oluxegayo na?
4 Kupela ba ceba nje ukuba ba m dudule ebukosini bake;
Amanga a ya ba kola;
Ba ya busisa ngomlomo wabo, kanti ba ya tuka embilinini yabo. [Sela
5 Mpefumulo wami m tulele uNkulunkulu kupela;
Ngokuba itemba lami li vela kuye.
6 Nguye kupela o iwa lami, nokusindiswa kwami:
Umboshongo wami opakemeyo; a ngi yi kunyakaziswa.
7 Ku ku Nkulunkulu ukusindiswa kwami nodumo lwami:
Iwa lamandhla ami, nesipepelo sami si ku Nkulunkulu.
8 Tembani kuye ngezikati zonke, nina bantu;
Tululani pambi kwake inhliziyo yenu:
UNkulunkulu u isipepelo setu. [Sela
9 Impela abantukazana ba ize nje, ba ngamanga abanumzana:
Ba ya kwenyuka ezikalweni;
Ba lula be kanyekanye kunomoya.
10 Ni nga tembi ukahlo,
Ni nga z'enzi ize ngokuqwaga:
Uma imfuyo y'anda, ni nga beki kuyo inhliziyo.
11 UNkulunkulu u kulumile kanye,
Kabili ngi zwile loku,
Ukuba amandhla a nga ka Nkulunkulu.
12 Futi esako, Nkosi, isihau;
Ngokuba wena u kokela umuntu njengokwenza kwake.

Umpefumulo owomileyo u sutiswa uNkulunkulu.

Ihubo li ka Davida, lapo wa e sehlane la kwa Juda.

63 Nkulunkulu, u nguNkulunkulu
wami wena; ngo ku funisisa:
Umpefumulo wami u ya k'omela,
inyama yami i ya k'ondela,
Ezweni eli ugwadule eliyetisayo, lapo e ngeko amanzi kona.
2 Ngako ngi ku bukile endhlini engcwele,
Ukuba ngi bone amandhla ako nobukosi bako.
3 Ngokuba isihau sako sihle kunokupila,
Umlomo wami wo ku babaza.
4 Ngako ngi ya kukubonga ngi se kona:
Egameni lako ngo pakamisa izandhla zami.
5 Umpefumulo wami u ya kusuta njengokungati ngomkantsha namanoni;
Umlomo wami u ku dumise ngezindebe ezenanelayo;
6 Uma ngi ku kumbula ngi lele,
Ngi zindhle ngawe ngemilindo yobusuku.
7 Ngokuba u be umsizi wami,
Ngi ya kwenanela etunzini lamapiko ako.
8 Umpefumulo wami u ya ku joka:
Isandhla sokunene sako si ya ngi pasa.
9 Kepa labo aba funa umpefumulo wami ukuwububisa,
Ba ya kungena kweli ngapansi kwomhlaba.
10 Ba ya kulahlelwa emandhleni enkemba:

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ba be isabelo sezimpungushe.
11 Kepa inkosi i ya kutokoza ku Nkulunkulu:
Bonke aba funga yena ba ya kuzigabisa;
Ngokuba umlomo wabo aba kuluma amanga u ya kuvinjwa.

Umtandazo w'o cela ukwopulwa eziteni ezenza isigungu ngaye.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. Ihubo li ka Davida.

64 Yizwa, Nkulunkulu, izwi lami ekukalazeni kwami:
U londe umpefumulo wami ngi nga bi na luvalo ngesita.
2 Ma u ngi site esigungwini sababi,
Ekuxokozeleni kwab'enza okubi;
3 Aba lole ulimi lwabo njengenkemba,
Bà komba ngemicibisholo, yebo amazwi ababayo,
4 Ukuba ba cibishele opeleleyo be sekusitekeni:
Ba ya m cibishela ngokuzuma, be ng'esabi.
5 Ba ya zimisa isibindi endabeni embi;
Ba ya kuluma ngokucupa isihibe;
Ba ti, si ya kubonwa ngubani na?
6 Ba ceba ububi ba ti;
Si pelelisile icebo letu ngesineke:
Umbilini womuntu, nenhliziyo yake i julile.
7 Kepa uNkulunkulu u ya kubacibishela;
Ngomcibisholo ba ya kukutshazwa ngokuzuma.
8 Ngakoke ba ya kukubekiswa, ulimi lwabo lu melene nabo:
Bonke abababonayo ba ya kunqakuza ikanda.
9 Ko ti abantu bonke b'esabe;
Ba lande ngomsebenzi ka Nkulunkulu,
Ba qonde ukwenza kwake.
10 Olungileyo u ya kutokoza ku Jehova, a pepele kuye;
Ba zigabise bonke abaqoto ngenhliziyo.

Inala yesisa si ka Nkulunkulu.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. Ihubo. Ingoma ka Davida.

65 Indumiso i hlalela wena, Nkulunkulu, eZiyon;
Ku wena isitembiso si ya kufezwa.
2 Wena ozwayo umtandazo,
Ku ya kuza kuwe inyama yonke.
3 Izindaba zobubi zi ngi dhlungele;
Izipambuko zetu wo zi yekela.
4 U busisiwe omketayo wena, u m sondeze,
A hlale emagcekeni ako:
Si ya kusuta ukulunga kwendhlu yako,
Itempeli lako elingcwele.
5 U ya kusipendula ngezenzo ezesabekayo ekulungeni,
Nkulunkulu osisindisayo,
Wena o itemba lemikaulo yonke yomhlaba,
N'ela labo aba kude elwandhle:
6 O zinzisa izintaba ngamandhla ake,
O bince ubuqwaga;
7 O dambisa inhlokomo yolwandhle,
Nenhlokomo yamaza alo,
Nomsindo wabantu.
8 Bona aba hlezi emikaulweni ba y'esaba izibonakaliso zako:
U y'enanelisa ukuvela kwokusa nokwokuhlwa.
9 U ya hambela umhlaba, u wu netise,
U wu vundise kakulu;
Umfula ka Nkulunkulu u gcwele amanzi:
U ya ba lungisela amabele, u su wu lungisile umhlaba.
10 U ya swakamisa imiqa yawo,
U shonise amasoyi awo;
U wu ncibilikisa ngezihlambi;
U ya busisa oku mila kuwo.
11 U ya qelisa umnyaka ngokuhle kwako;
Imikondo yako i ya tonsa amafuta.
12 I ya tonsa emadhlelweni ehlane;
Amagquma a binciswe ukwetaba.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

13 Amakapelo embete izimvu;
Izigodi nazo zi mbozwe amabele:
Zi ya hlokoma, zi hlabelele futi.

Ku bongwa uNkulunkulu ngemisebenzi yake emikulu nokupendula kwake imitandazo.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. Ingoma, Ihubo.

66 Hlokomani ku Nkulunkulu mhlaba wonke:
2 Hubani udumo lwegama lake:
M tuseni ni m dumise.
3 Tanini ku Nkulunkulu, Yeka, ukwesabeka kwemisebenzi yako!
Ngobukulu bamandhla ako izita zako zi ya kuzincayisela kuwe.
4 Umhlaba wonke u ya kukuleka kuwe,
U hubele wena;
Ba ya kuhuba igama lako. [Sela
5 Yizani, ni bone imisebenzi ka Nkulunkulu;
U y'esabeka ekwenzeni kwake ku bantwana babantu.
6 Wa guqula ulwandhle lwa ba umhlabati owomileyo;
Ba wela umfula ngezinyawo:
Sa jabula ngaye lapo.
7 U ya busa ngobuqwaga bake ku ze ku be nini;
Amehlo ake a ya hlozinga izizwe:
Abahlubuki ma ba nga zipakamisi. [Sela
8 Bongani uNkulunkulu wetu, nina zizwe,
Ni zwakalise izwi lokudunyiswa kwake;
9 O beka imipefumulo yetu ekupileni,
E nga vumi ukuba izinyawo zetu zi shelele.
10 Ngokuba wena, Nkulunkulu, u si vivinyile:
U si ncibilikisile, njengokuncibilikiswa kwesiliva.
11 U si ngenisile esihibeni;
U bekile umtwalo onzima ezinkalweni zetu.
12 U kwelisile abantu pezu kwamakanda etu;
Sa ngena emlilweni na semanzini;
Kepa wa si kipela endaweni yokuzitika.
13 Ngi ya kungena endhlini yako ngi neminikelo eshiswayo;
Ngi ya kufeza kuwe izitembiso zami,
14 Eza vulelwa izindebe zomlomo wami,
Neza kulunywa umlomo wami ngi sosizini.
15 Ngi ya kunikela kuwe iminikelo eshiswayo yezikulupeleyo,
Nempepo yezinqama;
Ngi ya kunikela ngamaduna kanye nezimbuzi. [Sela
16 Wozani, ni zwe, nonke enimesabayo uNkulunkulu,
Ngi ya kubalisa ngaloku a kwenzele umpefumulo wami.
17 Nga kala kuye ngomlomo wami,
Nga m pakamisa ngolimi lwami.
18 Uma ngi bheka okubi ngenhliziyo yami,
INkosi a i yi kuzwa:
19 Kantike uNkulunkulu u se zwile;
Wa lalela izwi lomtandazo wami.
20 Ma ka bongwe uNkulunkulu,
O nga cezulanga umtandazo wami,
Nesihau sake kimi.

Ku vuswa izizwe ukuba zi dumise uNkulunkulu.

Ku mhlonzi wokuhlabelela; ngezingubu. Ihubo, Ingoma.

67 UNkulunkulu ma ka be nomusa kiti, a si busise,
Ma ka si kanyisele ubuso bake; [Sela
2 Ukuze indhlela yako y'aziwe emhlabeni,
Usindiso lwako ezizweni zonke.
3 Ma ba ku bonge abantu, Nkulunkulu;
Ma ba ku bonge abantu bonkana.
4 Izizwe ma zi tokoze z'enanele;
Ngokuba wena wo b'ahlulela abantu ngoku te ntse,
U buse izizwe emhlabeni. [Sela
5 Ma ba ku bonge abantu, Nkulunkulu;
Ma ba ku bonge abantu bonkana.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

6 Umhlaba u telile izitelo zawo:
UNkulunkulu, uNkulunkulu wetu, u ya kusibusisa.
7 UNkulunkulu u ya kusibusisa;
Amajukujuku onke omhlaba a m esabe.

UJehova, uNkulunkulu weSinayi nowendhlu engcwele.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. Ihubo li ka Davida, Ingoma.

68 UNkulunkulu ma ka vuke, zi hlakazwe izita zake;
Abamzondayo ba baleke pambi kwake.
2 Njengokupepetwa kwomusi, ma u ba pepete:
Njengokuncibilika kwengcina pambi kwomlilo,
Kanjalo amashinga ma ka bube pambi ku ka Nkulunkulu.
3 Kepa abalungileyo ma ba tokoze; ma betabe pambi ku ka Nkulunkulu:
Yebo, ma ba jabule ba tokoze.
4 M hlabeleleleni uNkulunkulu, ni hubele igama lake:
M lungiseleni indhlela yena o dabula ehlane e gibele;
Igama lake li nguJehova, ni ncince pambi kwake.
5 Nguyise wezinkedama, umteti wamacala ku bafelokazi,
UNkulunkulu ekaya lake elingcwele.
6 UNkulunkulu u hlalisa imihlalaqa emakayeni:
U kipela iziboshwa enhlanhleni;
Kepa abahlubukayo ba hlezi ezweni eligagadekileyo.

7 Ekupumeni kwako u hamba pambi kwabantu bako Nkulunkulu,
Ekuhambeni kwako kwa hlongasibi; [Sela
8 Umhlaba wa zamazama,
Izulu la tonsa pambi ku ka Nkulunkulu:
Leliya Sinayi la tutumela pambi ku ka Nkulunkulu, uNkulunkulu ka Israeli.
9 Nkulunkulu, wena wa nisa imvula eningi.
Wa qinisa ifa lako se li dangele.
10 Inhlangano yako ya hlala kulo:
Wena, Nkulunkulu u lungisele abampofu ngokuhle kwako.
11 INkosi i kipa izwi:
Isifazana esi shumayela izindaba ezinhle si ibandhla elikulu.
12 Amakosi ezimpi a baleka! a baleka!
Owesifazana o hlezi ekaya u y'aba impango.
13 Lapo ni lala pakati kwezibaya zezimvu,
Ku njengamapiko ejuba a fakwa isiliva,
Nezimpape zalo zi fakwa igolide elimpofu.
14 Lapo uSomandhla e hlakaza amakosi kulo,
Kwa ba njengokukitika eZalmon.
15 Yintaba ka Nkulunkulu intaba ya seBashan;
Yintaba yeziqongo intaba ya seBashan.
16 Nina zintaba zeziqongo, yini ukuba ni yi vundhlisele amehlo
Intaba uNkulunkulu ayinxanelayo ukuba a hlale kuyo?
Yebo, uJehova u ya kuhlala kuyo njalonjalo.
17 Izinqolana zempi zi ka Nkulunkulu zi izinkulungwane ezi ngamashumi amabili, yebo izinkulungwane nezinkulungwane:
INkosi i pakati kwazo njenga seSinayi endaweni engcwele.
18 Wena wenyukele ngapezulu, u tumbile abatunjwa;
U tabatile izipo pakati kwabantu,
Yebo, na pakati kwabahlubuki futi, ukuze uJehova uNkulunkulu a hlale kubo.

19 Ma i bongwe iNkosi, e twala umtwalo wetu imihla ngemihla,
UNkulunkulu osisindisayo. [Sela
20 UNkulunkulu kitina nguNkulunkulu osindisayo;
Futi ku ngoku ka Jehova iNkosi ukukipa ekufeni.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

21 Kepa uNkulunkulu wo debeza
ikanda lezita zake,
Ukakayi olu nezinwele lwa lowo
o sa hamba ecaleni lake.
22 INkosi ya ti, Ngi ya kuzibuyisa
eBashan,
Ngi zi buyise ekujuleni kwolwa-
ndhle;
23 Ukuze u zi debeze, u cwilise
unyawo lwako egazini,
Ukuze ulimi lwezinja zako lwa-
belwe izita zako.
24 Ba bonile izindwendwe zako,
Nkulunkulu,
Zona izindwendwe zi ka Nku-
lunkulu wami, iNkosi yami,
endhlini engcwele.
25 Abahlabeleli ba hamba pambili,
ababetayo ba landela emva,
Be kakwe izintombi ezi shaya
izikehlezo.
26 Bongani uNkulunkulu emibuta-
nweni,
Bongani iNkosi, nina bohlanga
la kwa Israeli.
27 Nangu uBenjamin omncane,
umbusi wabo,
Izikulu za kwa Juda nomgwa-
manda wazo,
Izikulu za kwa Zebulun, nezikulu
za kwa Nafetali.

28 UNkulunkulu wako u yalile uku-
ba u be namandhla:
Qinisa, Nkulunkulu, loko o s'enze-
le kona.
29 Ngenxa yetempeli lako eJeru-
salem
Amakosi a ya kuleta izipo kuwe.
30 Kuza isilo somhlanga,
Umhlambi wemihuqa namanko-
nyana ezizwe,
U nyatele pansi izinhlamvu ze-
siliva:
Wa cita izizwe ez'enamela uku-
lwa.
31 Izikulu zi ya kuza zi vele Egi-
pite;
IEtiyopiya li ya kushesha ukwe-
lulela izandhla zalo ku Nku-
lunkulu.
32 Nina mibuso yomhlaba m hlabe-
leleleni uNkulunkulu;
Yi hubeleni iNkosi; [Sela
33 Yena o kwela pezu kwezulu la-
mazulu la sendulo;
Bheka, u ya pumisa izwi lake,
izwi eli namandhla.
34 M nikeni uNkulunkulu ama-
ndhla:
Ubudhlondhlobala bake bu pezu
ku ka Israeli,
Amandhla ake a sesibakabakeni.
35 U y'esabeka, Nkulunkulu, ezi-
ndaweni zako ezingcwele:
UNkulunkulu ka Israeli uyena o
nika abantu bake amandhla
nokuqina.
Ma ka bongwe uNkulunkulu.

Ukukala kwoxinekileyo nokuqalekisa kwake aba yimpi kuye.

Ku mhlonzi wokuhlabelela; ku lungiselwe iShoshanim. Eli ka Davida.

69 Ngi sindise, Nkulunkulu;
Ngokuba amanzi a ngenile ku
ze ku be sempefumulweni
wami.
2 Ngi ya shona obishini olujulileyo,
lapo ku ngeko ukuma kona:
Ngi ngenile emanzini a inzulu,
imisinga i ya ngi kukula.
3 Ngi katele ukukala kwami; umpi-
mbo wami womile:
Amehlo ami a ya pela ukuhlalela
kwami uNkulunkulu wami.
4 Abangizondayo ngeze ba ningi
kunezinwele zekanda lami;
Aba funa ukunginquma, be izita
zami ngoku nge iko, ba nama-
ndhla.
Loku engi nga ku qwaganga ngi
melwa ukuba ngi ku buyise.
5 Nkulunkulu, u ya b'azi ubupu-
kupuku bami;
Amacala ami a ka fihlakele kuwe.
6 Ma ba nga jabiswa ngenxa yami
abakuhlalelayo, Nkosi, Jehova
wamabandhla:
Abakufunayo ma ba nga hlazeki
ngenxa yami, Nkulunkulu ka
Israeli.
7 Ngokuba ngenxa yako ngi twele
isihlamba;
Ihlazo li mboze ubuso bami.
8 Se ngi umfokazi ku bafo wetu,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ngi ngowezizwe ku bantwana ba ka mame.
9 Ngokuba ngi dhliwe ukushisekela indhlu yako;
Isihlamba saba ku capa ngenhlamba si ng'ehlele.
10 Lapo ngi kala, umpefumulo u sekuzileni ukudhla,
Kwa ba isihlamba kimi.
11 Lapo ng'enza indwangu yamasaka i be isambato sami,
Nga ba isiga kubo.
12 Aba hlala esangweni ba kuluma ngami;
Ngi ingoma yezidakwa.
13 Kepa mina, ngi tandaza kuwe, Jehova, ngesikati esikolayo;
Nkulunkulu, ngobukulu besihau sako,
Ngi pendule eqinisweni losindiso lwako.
14 Ng'opule obishini, ma ngi nga shoni:
Ma ng'opulwe kubo abangizondayo, na semanzini a inzulu.
15 Ma ngi nga kukulwa umsinga wamanzi,
Ukujula ma ku nga ngi gwinyi;
Umgodi ma u nga vali umlomo wawo pezu kwami.
16 Ngi pendule, Jehova, ngokuba isihau sako sihle:
Pendukela kimi ngokwobukulu besihe sako.
17 U nga sitezi ubuso bako kuyo inceku yako;
Ngokuba ngi sosizini; shesha u ngi pendule.
18 Sondela kuwo umpefumulo wami, u wu hlenge:
Ngi hlaulele ngenxa yezita zami.
19 Wena u ya s'azi isihlamba sami, nokudumala kwami, nehlazo lami:
Abayimpi kimi ba pambi kwako bonke.
20 Isihlamba s'apulile inhliziyo yami; ngi pansi kwokufa:
Nga bheka owokungidabukela, a ka bangako;
Nabokungiduduza, kepa a ngi ba fumananga.
21 Ba ngi nika inyongo i be ukudhla kwami;
Kwa t'uba ngome ba ngi puzisa uviniga.
22 Itafula labo ma li be ugibe pambi kwabo;
Lapo be hlezi kahle, ma ku be isihibe.
23 Amehlo abo ma ka fipale ukuze ba nga boni;
Izinkalo zabo zi tengezele njalonjalo.
24 Tululela pezu kwabo ukubhaha kwako,
Ukuvuta kwolaka lwako ma ku ba fice.
25 Inqaba yabo ma i be incitakalo;
Ma ku nga biko ohlalayo ematenteni abo.
26 Ngokuba ba ya m zingela omshayileyo wena;
Ba balisa ngezinsizi zabo obakubazileyo.
27 Ma wenezele ububi ebubini babo;
Ma ba nga ngeni ekulungeni kwako.
28 Ma ba hlangulwe encwadini yokupila,
Ba nga lotshwa kanye nabalungileyo.
29 Kepa mina ngi mpofu, ngi nosizi:
Usindiso lwako ma lu ngi pakamise, Nkulunkulu.
30 Ngi ya kudumisa igama li ka Nkulunkulu ngengoma,
Ngi m kulise ngokubonga.
31 Ko ba kuhle ku Jehova kunenkomo,
Neduna eli nezimpondo nezinselo.
32 Abatobileyo ba ku bonile loku, ba tokoza:
Ma i pile inhliziyo yenu, nina enimfunayo uNkulunkulu.
33 Ngokuba uJehova u ya zi zwa izimpabanga,
A ka deleli iziboshwa zake.
34 Ma ka dunyiswe izulu nomhlaba,
Izilwandhle nako konke okupetuzayo kuzo.
35 Ngokuba uNkulunkulu u ya kusindisa iZiyon, ake imizi ya kwa Juda;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ba ya kuhlala kona, li be elabo.
36 Inzalo yezinceku zake i ya kulidhla ubufa;
Naba tanda igama lake ba ya kwaka kulo.

Umtandazo w'o cela ukusizwa, e zingelwa.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. Eli ka Davida; elokukumbuza.

70 Nkulunkulu, putuma u ng'opule;
Jehova, putuma u ngi size.
2 Ma ba jabe ba yangaze
Aba funa umpefumulo wami:
Ma ba hlehliselwe emuva ba hlazeke
Ab'enama nxa ngi limala.
3 Ma ba buyiselwe emva ngenxa yokudumala kwabo
Abati, Ashila! Ashila!
4 Ma ba jabule ba tokoze kuwe bonke abakufunayo;
Ma ba ti njalonjalo aba tanda usindiso lwako,
UNkulunkulu ma ka kuliswe.
5 Kepa mina ngi mpofu ngi impabanga;
Putuma u ze kimi, Nkulunkulu:
Wena u ngumsizi wami nomkululi wami;
Jehova, u nga libali.

Umtandazo wexegu ukuba l'opulwe.

71 Jehova, ngi pepela kuwe:
Ma ngi nga jabi ku ze ku be nini.
2 Ng'opule ngokulunga kwako, u ngi kulule:
Tobisela indhlebe yako kimi, u ngi sindise.
3 Yiba kimi iliwa lokwaka lapa ngi nga ya kona njalo:
U yalile ukuba ngi sindiswe;
Ngokuba wena u itshe lami nenqaba yami.
4 Nkulunkulu wami, ngi kulule esandhleni seshinga,
Esandhleni s'o nga lungile, nesififane.
5 Ngokuba wena u yiko engi gaba ngako, Nkosi Jehova:
U itemba lami kwa sebusheni bami.
6 Ngi paswe uwe kwa sesiswini;
Uwena owa ngi kipa ezibilinini zi ka mame:
Ngi ya kukudumisa wena njalonjalo.
7 Ngi njengesimangaliso kwabaningi;
Kepa wena u isipepelo sami esiqinileyo.
8 Umlomo wami u ya kugcwala indumiso yako,
Ngi ku tuse imini yonke.
9 U nga ngi lahli ngesikati sobudala;
Nxa se ku pela amandhla ami u nga ngi shiyi.
10 Ngokuba izita zami zi ya kuluma ngami;
Bona aba hlomela umpefumulo wami ba cebisana,
11 Ba ti, UNkulunkulu u m shiyile:
M landeleni ni m bambe; ngokuba a muko owokopula.
12 Nkulunkulu, u nga bi kude nami;
Nkulunkulu wami, putuma u ngi size.
13 Ma ba jabe ba·qedwe, abayimpi kuwo umpefumulo wami;
Ma ba mbozwe isihlamba nehlazo aba funa ukungilimaza.
14 Kepa mina ngi ya kwetemba njalonjalo,
Ng'engeze kuyo yonke indumiso yako.
15 Umlomo wami u ya kubalisa ngokulunga kwako,
Nosindiso lwako imini yonke;
Ngokuba a ngi kwazi ukubalwa kwako.
16 Ngi ya kuza nezenzo zobuqwaga zeNkosi uJehova:
Ngi ya kupata ukulunga kwako, okwako kupela.
17 Nkulunkulu, u ngi fundisile kwa sebusheni bami;
Ku ze ku be manje ngi landile ngemimangaliso yako.
18 Yebo, na nxa se ngi mdala ngi ingwevu, Nkulunkulu, ma u nga ngi shiyi,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ngi ze ngi lande ngengalo yako kuso isizukulwane,
Nobuqwaga bako kubo bonke abezayo.
19 Futi ukulunga kwako, Nkulunkulu, ku fike pezulu;
Wena okwenzileyo okukulu,
Nkulunkulu, ubani o njengawe?
20 Wena o si bonisile izinsizi eziningi ezimbi,
U ya kubuya u si pilise,
U ya kubuya u s'enyuse kototololo bomhlaba.
21 Yandisa ubukulu bami,
U buye u ngi duduze.
22 Futi mina ngi ya kukubonga ngogubu,
Ngi bonge iqiniso lako, Nkulunkulu wami:
Ngi ya kukuhubela ngenkoka,
Wena oNgcwele ka Israeli.
23 Umlomo wami u ya kwenanela uma ngi ku hubela;
Nompefumulo wami, owuhlengileyo.
24 Futi ulimi lwami lu ya kukuluma ngokulunga kwako usuku lonke;
Ngokuba ba jabile ba yangaza aba funa ukungilimaza.

Ukubusa kwenkosi elungileyo.

Eli ka Solomon.

72 Nkulunkulu, nika inkosi izahlulelo zako,
Indodana yenkosi u yi nike ukulunga kwako.
2 I ya kuteta icala labantu bako ngokulunga,
Nabampofu bako ngokwahlulela.
3 Izintaba zi ya kuletela abantu ukutula,
Ba ya kukuletelwa na amagquma ekulungeni.
4 I ya kub'ahlulela abampofu babantu,
I sindise abantwana bezimpabanga,
I coboze o nokahlo.
5 Ba ya kukwesaba li se kona ilanga,
I se kona nenyanga esizukulwaneni ngesizukulwane.
6 I ya kwehla njengemvula otshanini obusikiweyo,
Na njengezihlambi zi tuntululeka emhlabeni.
7 Olungileyo u ya kuhluma ezinsukwini zayo,
Ku vame ukutula ku ze ku nga biko inyanga.
8 I ya kubusa ku suka elwandhle ku ze ku be selwandhle,
Ku suka emfuleni ku ze ku be semajukujukwini omhlaba.
9 Aba sogwaduleni ba ya kuguqa pambi kwayo;
Izita zayo zi kote utuli.
10 Amakosi a seTarshishi nawa seziqingini a ya kuleta intela:
Amakosi a seSheba neSeba a ya kwetula izipo.
11 Yebo, amakosi onke a ya kukotama pambi kwayo;
Zonke izizwe zi yi konze.
12 Ngokuba i ya kwopula impabanga ekukaleni kwayo,
Nompofu, naye o nge na msizi.
13 I ya kuhaukela ompofu nempabanga,
I sindise imipefumulo yezimpabanga.
14 I ya kuhlenga umpefumulo wabo ekubandezelweni na sebudhloveni;
Igazi labo li ya kuba igugu emehlweni ayo:
15 Ba ya kupila, yona i piwe okwegolide la seSheba:
I tandazelwe njalonjalo;
I busiswe imini yonke.
16 Amabele a ya kuba maningi emhlabeni, eziqongweni zezintaba;
Izitelo zawo zo hashazela njengeLebanon:
Abomuzi ba kahlele njengotshani bomhlaba.
17 Igama layo li ya kuba kona ku ze ku be nini;
Igama layo li ya kuxanta li se kona ilanga;
Abantu ba ya kuzibusisa ngayo;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izizwe zonke zi ti i nenhlanhla.

18 Ma ka bongwe uJehova uNkulunkulu, uNkulunkulu ka Israeli,
Nguye yedwa o wenza imimangaliso:
19 Ma li bongwe igama lake elidumileyo ku ze ku be nini;
Ma u gcwale ubukosi bake umhlaba wonke.
Amen, Amen.

20 Imitandazo ka Davida ka Jese i si pelile.

INCWADI III

Ukupela kwababi ku qataniswa nokwabalungileyo.

Ihubo li ka Asafu.

73 Impela uNkulunkulu u lungile ku Israeli,
Ku bona abacwebileyo enhliziyweni.
2 Kepa mina, izinyawo zami za cish'ukucezuka;
Nga shelela nga pons'ukuwa ekuhambeni kwami.
3 Ngokuba nga ba nomona ngabazigabisayo,
Nxa ngi bona inhlanhla yamashinga.
4 Ngokuba a iko iminjunju ekufeni kwawo;
Kepa a pilile a kulupele umzimba wabo.
5 A wa kandhleki njeng'abanye abantu;
A wa hlushwa njeng'abanye abantu.
6 Ngako a faka ukuzidhla njengomgexo;
Ubudhlova bu ya wa mboza njengengubo.
7 Amehlo awo a pinqikile ngokukulupala:
A nako oku dhlula ukufisa kwenhliziyo
8 A ya swabula, a kuluma ukahlo ngobubi:
A kuluma ngokuzipakamisa.
9 A bekile umlomo wawo ezulwini,
Ulimi lwawo lu hamba emhlabeni wonke.
10 Ngako abantu bake ba buyiselwa lapa:
Ba minya amanzi amaningi.
11 Ba ti ke, UNkulunkulu wazi kanjani?
Ku kona ukwazi yini kuye oPezu Konke na?
12 Bheka, laba ba ngamashinga;
Ba cemezekile njalo, ba y'andisa imfuyo.
13 Impela inhliziyo yami ngi yi hlanzele ize,
Nga hlamba izandhla zami ngi msulwa;
14 Ngokuba usuku lonke ngi hlushiwe,
Nga solwa insakavukela.
15 Uma be ngi te, Ngi zo balisa kanje;
Naku, be ngi ya kuba ngenze kabi kuso isizukulwane sabantwana bako.
16 Nga se ngi cinga ukuba ngi kwazi loku,
Kwa ba usizi emehlweni ami;
17 Nga za nga ngena endhlini engcwele ka Nkulunkulu,
Nga qonda ukupela kwabo.
18 Impela u ba beka ezindaweni ezi bushelezi:
U ba wisele pansi ba tiwe lohle.
19 Yeka ukuciteka kwabo ngokupazima kweso!
Ba qediwe nya izesabiso.
20 Njengepupo ekupapameni,
Njaloke, Nkosi, ekuvukeni kwako u ya kudelela umfanekiso wabo.
21 Ngoba ya ba nomunyu inhliziyo yami,
Nga hlabeka ezinsweni zami:
22 Ngokuba nga ngi isituntusha, ngi ng'azi luto;
Nga ba isilwane pambi kwako.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

23 Noko ngi nawe njalonjalo:
U ngi bambile ngesandhla sami sokunene.
24 U ya kungihola ngesiluleko sako,
Ko ti emuva u ng'amkele ebukosini.
25 Ngi nobani ezulwini na?
A muko engimenameleyo emhlabeni ngapandhle kwako.
26 I ya pela inyama yami nenhliziyo yami;
Kepa uNkulunkulu u idwala lenhliziyo yami, u isabelo sami ku ze ku be nini.
27 Ngokuba bheka, bona aba kude nawe ba ya kububa:
U ba nqumile bonke abedukayo kuwe ngokufeba.
28 Kepa ku ngi lungele ukusondela ku Nkulunkulu:
Ng'enzile iNkosi uJehova i be isipepelo sami,
Ukuze ngi balise ngemisebenzi yako yonke.

Ukukala ngobubha bezwe se li citwe isita.

IMaskili li ka Asafu.

74 Nkulunkulu, u si lahleleni njalonjalo na?
Yini ukuba ulaka lwako lu tunqele izimvu zedhlelo lako na?
2 Kumbula ibandhla lako olizuzileyo endulo,
Wa li hlenga li be isizwe sefa lako;
Nentaba iZiyon, o bu hlezi kuyo wena.
3 Ma u pakamise izinyawo zako, u ngene endaweni eya tiwa lohle i seloku i njalo,
Kuko konke okubi esikwenzileyo isita endhlini engcwele.
4 Abayimpi kuwe ba bhongile pakati kwenhlangano yako;
Ba misa izibonakaliso zabo zi be izibonakaliso.
5 Kwaba ku ngati abantu aba pakamisele
Amazembe ihlozi lemiti.
6 Kaloku konke okuqoshiweyo kwayo
Ba ku qepula ngamazembe nezando.
7 Ba tungele ngomlilo indhlu engcwele yako;
Ba dumazile itente legama lako ngokuliwisa pansi.
8 Ba ti enhliziyweni yabo, Ma si ba cite kanyekanye:
Ba shisile amasinagoge onke ka Nkulunkulu ezweni.
9 A si boni izibonakaliso zetu:
A ku seko mprofeti;
A kako kiti owaziyo ukuba ko za ku be nini.
10 Ko za ku be nini, Nkulunkulu e capa ngenhlamba oyimpi na?
Isita si ya kudelela igama lako njalonjalo na?
11 U finyezeleni isandhla sako, esokunene sako na?
Si kipe esifubeni sako, u ba qede.
12 Noko uNkulunkulu u iNkosi yami kwa sendulo,
Wenza usindiso pakati kwomhlaba.
13 Wena wa damuza ulwandhle ngamandhla ako:
W'apula izinhloko zezingwenya emanzini.
14 Wa cimiza izinhloko zi ka Leviyatan;
Wa m nika a be ukudhla kwabantu aba sogwaduleni.
15 Wa dabulela umtombo nesikukula:
W'omisa imifula e namandhla.
16 Imini i ngeyako, nobusuku bu ngobako:
Wa lungisa ukukanya nelanga.
17 U misile imikaulo yonke yomhlaba:
W'enza ihlobo nobusika.
18 Kumbula loku, ukuba isita si capile ngenhlamba, Jehova,
Nabantu aba iziwula ba cekefule igama lako.
19 U nga kapeli esilweni sa sendhle umpefumulo wehobe lako:
U nga kohlwa ukupila kwabampofu bako njalonjalo.
20 Kumbula isivumelwano;
Ngokuba izindawo ezimnyama zomhlaba zi gcwele izindhlu zobudhlova.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

21 Obandezelweyo ma ka nga buyi
e jabile:
Ompofu nempabanga ma ba dumise igama lako.
22 Vuka, Nkulunkulu, u melele indaba yako:
Kumbula ukucashwa kwako ngenhlamba isiwula imini yonke.
23 U nga kohlwa izwi labayimpi kuwe:
Umsindo wabakuvukelayo wenyuka njalonjalo.

UNkulunkulu u tobisa abazigabisayo kepa u pakamisa abalungileyo.

Ku mhlonzi wokuhlabelela; ku lungiselwe iAli-tasheti. Ihubo li ka Asafu, Ingoma.

75 Si ya ku bonga wena, Nkulunkulu;
Si ya ku bonga; ngokuba igama lako li seduze:
Abantu ba ya balisa ngemimangaliso yako.
2 Nxa ngi tola isikati esimisiweyo,
Ngi ya kwahlulela ngoku te ntse.
3 Ku ncibilikile umhlaba nabakileyo kuwo bonke:
Ngi misile izinsika zawo. [Sela
4 Ngi te kubo abazigabisayo, Ni nga zigabisi;
Na ku mashinga, Ni nga pakamisi upondo:
5 Ni nga pakamiseli pezulu upondo lwenu;
Ni nga kulumi ngentamo yobugangangozi.
6 Ngokuba ukupakanyiswa a ku veli empumalanga,
Na sentshonalanga, na seningizimu.
7 Kepa uNkulunkulu u ngumahluli:
U ya m tobisa lo, a pakamise lo.
8 Ngokuba ku kona indebe esandhleni si ka Jehova, iwayini li ya kepuza;
I gcwele ixube, yena u ya tulula kuyo:
Impela inhlese yalo, amashinga onke omhlaba a ya kuyiminya, a yi puze.
9 Kepa mina ngi ya kulanda indaba ku ze ku be nini,
Ngi hubele uNkulunkulu ka Jakobe.
10 Izimpondo zonke zamashinga ngo zi nquma;
Kepa izimpondo zolungileyo zo pakanyiswa.

Amandhla angobayo ka Nkulunkulu ka Jakobe.

Ku mhlonzi wokuhlabelela; ngezingubu. Ihubo li ka Asafu, Ingoma.

76 UNkulunkulu u y'aziwa kwa Juda:
Igama lake likulu kwa Israeli.
2 Idokodo lake li seSalem,
Ikaya lake li seZiyon.
3 W'apula lapo imicibisholo yomnsalo,
Nesihlangu, nenkemba, nempi.
[Sela
4 U ya kazimula wena, u dhlondhlobele,
U sezintabeni zokupanga.
5 Aba nhliziyo i namandhla ba pangiwe,
Ba lale ubutongo babo;
A ku bangako amaqawe a fumana izandhla zawo.
6 Ngokukuza kwako, Nkulunkulu ka Jakobe,
Ku ya kuzumeka ubutongo inqolana yempi kanye nehashi.
7 Wena, yebo, wena u y'esabeka;
Ubani o ng'ema pambi kwako ngesikati solaka lwako na?
8 W'ezwakalisa isinqumo si vela ezulwini;
Umhlaba w'esaba wa zola,
9 Ekuvukeni ku ka Nkulunkulu ukuba ahlulele.
A sindise bonke abatobileyo bomhlaba. [Sela
10 Impela ukufuteka kwabantu ku ya kukubonga:
Insali yokufuteka wo yi binca.
11 Tembisani, ni feze ku Jehova uNkulunkulu wenu:
Bonke abamzungezileyo ma ba lete izipo kuye o fanele ukwesatshwa.
12 U ya kunquma umoya wezikulu:
U y'esabeka kuwo amakosi omhlaba.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukududuzeka ekuhlupekeni ngokukumbula imisebenzi emikulu ka Nkulunkulu.

Ku mhlonzi wokuhlabelela; ngendhlela ka Jedutun. Ihubo li ka Asafu.

77 Ngi ya kukala ku Nkulunkulu ngezwi lami,
Ku Nkulunkulu ngezwi lami; yena u ya kungibekel'indhlebe.
2 Ngosuku losizi lwami nga funa iNkosi:
Isandhla sami s'elulwa ebusuku, a sa pela amandhla;
Umpefumulo wami w'ala ukududuzwa.
3 Ngi kumbula uNkulunkulu, ngi dungekile:
Ngi ya kala, u te dica umoya wami. [Sela
4 Wena u ya bamba izinkope zamehlo ami:
Ngi katazekile, a ngi na kukuluma.
5 Ngi zindhle ngezinsuku za sendulo,
Iminyaka ya pakade.
6 Ngi kumbula ingoma yami ebusuku:
Ngi kuluma nenhliziyo yami;
Umoya wami u ya hlolisisa.
7 Kanti iNkosi i ya kusilahla ku ze ku be nini na?
A i yi kupinda i be nesisa na?
8 Isihau sayo si pelile nya njalonjalo na?
Isitembiso sayo si putile ku ze ku be sesizukulwaneni ngesizukulwane na?
9 UNkulunkulu u kohliwe ukuba nomusa na?
U valele isihe sake ngolaka na? [Sela
10 Nga se ngi ti, Loku ku ubutakataka bami;
Ngi ya kukumbula iminyaka yesokunene soPezu Konke.
11 Ngi ya kukuluma ngezenzo zi ka Jehova;
Ngoba ngo kumbula imimangaliso yako ya sendulo.
12 Ngi ya kuzindhla na ngawo umsebenzi wako wonke,
Ngi cabange ngezenzo zako.
13 Indhlela yako, Nkulunkulu, i sendhlini engcwele:
Ubani o ngunkulunkulu omkulu njengoNkulunkulu na?
14 Wena u nguNkulunkulu o wenza imimangaliso:
Wazisile izizwe amandhla ako.
15 U hlengile ngengalo yako abantu bako,
Amadodana ka Jakobe noJosefa. [Sela
16 Amanzi a ku bona, Nkulunkulu;
Amanzi a ku bona, a zibinya:
Ototololo futi ba gedezela.
17 Izingqimba zamafu za tela amanzi;
Isibakabaka sa pumisela izwi:
Imicibisholo yako ya hamba.
18 Izwi lokuduma kwako la li sesikwishikwishini;
Izinyazi za kanyisa izwe:
Umhlaba wa gedezela, wa zamazama.
19 Indhlela yako ya i selwandhle,
Nemigudu yako ya i semanzini amakulu,
Umkondo wako a waziwanga.
20 Wa hola abantu bako njengezimvu,
Ngesandhla si ka Moses noAron.

UNkulunkulu e hola abantu bake nakuba be abangatembekiyo.

IMaskili li ka Asafu.

78 Wu bekeleni indhlebe umteto wami bakiti:
Ni tobisele izindhlebe zenu kuwo amazwi omlomo wami.
2 Ngi ya kuvula umlomo wami ngomfanekiso;
Ngi temeleze ngezimfumbe za sendulo,
3 Esizizwileyo, sa z'azi,
Aba si balisela zona obaba.
4 A si yi kuzifihla ku bantwana babo,
Si balisela isizukulwane esizayo izindumiso zi ka Jehova,
Namandhla ake, nemimangaliso yake ayenzileyo.
5 Ngokuba u misile isifakazo kwa Jakobe,
Wa beka umteto kwa Israeli,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

A yala obaba ngawo,
Ukuze ba wazise abantwana babo;
6 Yikona isizukulwane esizayo si ya kwazi, yebo abantwana aba ya kuzalwa;
Aba ya kusuka ba ba balisele abantwana babo,
7 Ukuba ba beke itemba labo ku Nkulunkulu,
Ba nga kohlwa imisebenzi ka Nkulunkulu,
Ba londe imiyalo yake,
8 Ba nga bi njenga oyise
Isizukulwane esi nenkani, esihlubukayo,
Isizukulwane esi nga lungisanga inhliziyo yaso,
Esi moya waso a u qinisekanga ku Nkulunkulu.
9 Aba kwa Efrayim be hlomile be pete iminsalo,
Ba buyela emva ngosuku lokulwa.
10 A ba gcinanga isivumelwano si ka Nkulunkulu,
Bala ukuhamba emtetweni wake;
11 Ba kohlwa izenzo zake,
Nezimangaliso zake a be ba bonise zona.
12 W'enza imimangaliso emehlweni a oyise,
Ezweni la sEgipite, emhlabatini wa seZoan.
13 Wa dabula ulwandhle, wa ba welisa;
Wa misa amanzi a be njengenqwaba.
14 Wa ba hola emini ngefu,
Na sebusuku bonke ngokukanya kwomlilo.
15 Wa qekeza amatshe ehlane,
Wa ba puzisa kakulu njengokungati a puma kototololo.
16 Wa pumisa izifufula edwaleni,
W'ehlisa amanzi njengemifula.
17 Noko b'engeza b'ona kuye,
Ba hlubuka kuye oPezu Konke ogwaduleni.
18 Ba m linga uNkulunkulu enhliziyweni yabo
Ngokucela ukudhla njengokufisa kwabo.
19 Yebo, ba kuluma ngoNkulunkulu;
Ba ti, UNkulunkulu u namandhla okulungisa itafula ehlane na?
20 Bheka, wa shaya itshe, amanzi a mpompoza,
Nemifula ya kukula;
A nga nika isinkwa futi na?
U ya kulungisela abantu bake inyama na?
21 Ngako uJehova w'ezwa, wa tukutela;
Umlilo wa se u vuta ngoJakobe,
Ulaka lw'enyuka ngoIsraeli;
22 Ngokuba be nga kolwanga ku Nkulunkulu,
Be nga tembanga osindisweni lwake.
23 Noko wa yala isibakabaka ngapezulu,
Wa vula iminyango yezulu;
24 Wa nisa pezu kwabo imana lokudhliwa,
Wa ba nika amabele ezulu.
25 Umuntu wa dhla isinkwa saba namandhla:
Wa ba tumela ukudhla ba ze ba suta.
26 Wa kipa umoya wa sempumalanga ezulwini;
Wa quba umoya wa seningizimu ngamandhla ake.
27 Wa nisa pezu kwabo inyama njengotuli,
Nezinyoni ezi namapiko njengesihlabati sezilwandhle:
28 Wa z'ehlisela ngapakati kwekamu labo,
Nga semakaya abo inxa zonke.
29 Ba dhlake ba suta kakulu;
Wa ba letela abakufisayo.
30 Be nga ka nengwa yiloko aba be ku fisile,
Ukudhla kwabo ku se semlonyeni wabo,
31 Ulaka lu ka Nkulunkulu lw'enyuka ngabo,
Wa bulala kubo abakulupeleyo,
Wa wisa pansi izinsizwa za kwa Israeli.
32 Noko pezu kwa loku konke ba dhlula b'ona,
A ba kolwanga izimangaliso zake.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

33 Ngako wa qeda izinsuku zabo ezeni,
Neminyaka yabo ngokupapateka.
34 Lapo e ba bulala, ba se be m funa;
Ba buya ba cinga uNkulunkulu ngesineke.
35 Ba kumbula ukuba uNkulunkulu u iwa labo,
UNkulunkulu oPezu Konke u ngumhlengi wabo.
36 Kepa ba m topa ngomlomo wabo,
Ba qamba amanga kuye ngolimi lwabo.
37 Ngokuba inhliziyo yabo ya i nga lungile kuye,
Be nga qinisekile esivumelwaneni sake.
38 Kepa yena, e nesihe, wa yekela ububi babo, a ka ba bubisanga:
Yebo, kaningi wa buyisa ulaka lwake,
A ka ku vusa ukufuteka konke kwake.
39 Wa kumbula ukuba ba inyama;
Umoya ohambayo, u nga b'u sa buya.
40 Kwa ba kaningi kangakanani be m hlubuka ehlane,
Be m enza buhlungu kwa hlongasibi!
41 Ba buya ba linga uNkulunkulu,
Ba cunula O iNgcwele ka Israeli.
42 A ba kumbulanga isandhla sake,
Nosuku a ba hlenga ngalo koyimpi;
43 Ukumisa kwake izibonakaliso zake Egipite,
Nemimangaliso yake emhlabatini wa seZoan.
44 Wa pendula imifula yabo ya ba igazi,
Nezifufula zabo ukuba ba nga bi na kupuza.
45 Wa tumela pakati kwabo izibau, za ba dhla;
Nezingxangxa, za ba bubisa.
46 Wa nika isicwangubane izitelo zabo,
Nesitukutuku sabo wa si nika isikonyana.
47 Wa bulala imivini yabo ngesicoto,
Nemitombe yabo ngesingquma.
48 Wa kapela esicotweni izilwane zabo,
Nemfuyo yabo ezinyazini ezishisayo.
49 Wa ponsa kubo ukuvuta kwolaka lwake,
Nentukutelo, nokubhaha, nenkatazo,
Izitunywa ezi izingelosi zobubi.
50 Wa hlelembela ulaka lwake umgudu;
A ka nqabanga nompefumulo wabo ekufeni,
Kepa wa kapela ukupila kwabo kulo ubadane lokufa.
51 Wa shaya amazibulo onke a sEgipite,
Ukuqala kwamandhla abo ematenteni ka Ham.
52 Kepa wa kipa abantu bake njengezimvu,
Wa ba quba ehlane njengomhlambi.
53 Wa ba hola kahle, a ba ze ba ba novalo;
Kepa ulwandhle lwa sibekela izita zabo.
54 Wa ba yisa emkaulweni wendawo yake engcwele,
Ku le ntaba, esa si yi zuzile isandhla sokunene sake.
55 Wa xosha izizwe pambi kwabo,
Wa z'abela zi be ifa ngentambo yokulinganisa,
Wa hlalisa izizwe za kwa Israeli ematenteni azo.
56 Noko ba m linga, ba m hlubuka uNkulunkulu oPezu Konke,
A ba gcinanga izifakazo zake;
57 Kepa ba hlehlela emva, b'enza ubundimimbili njenga oyise:
Ba papalaza njengomnsalo okohlisayo.
58 Ba m cunula ngezindawo zabo ezipakemeyo,
Ba m kwelezisa ngezitombe zabo ezibaziweyo.
59 Wa ti uNkulunkulu ukuzwa loku wa tukutela,
Wa nengwa uIsraeli kakulu;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

60 Wa dela itabanekele la seShilo,
Itente a be li misile ku bantu;
61 Wa kapela amandhla ake ekutunjweni,
Nobucwazicwazi bake esandhleni soyimpi.
62 Futi wa kapela abantu bake enkembeni,
Wa e tukutelele ifa lake.
63 Umlilo wa dhla izinsizwa zabo;
A zi canguziswanga izintombi zabo.
64 Abapristi babo ba wiswa ngenkemba;
A ba lilanga abafelokazi babo.
65 Konake iNkosi ya vuka njengoleleyo,
Njengesiqwaga es'enaneliswa iwayini.
66 Ya shaya abayimpi kuyo ba hlehla:
Ya b'enza ba ba isihlamba sa futi.
67 Futi ya nqaba itente li ka Josefa,
A i ketanga isizwe sa kwa Efrayim,
68 Kepa ya keta isizwe sa kwa Juda,
Intaba iZiyon eyayitandayo.
69 Y'aka njengezimpakama indawo yake engcwele,
Njengomhlaba e wu beke isisekelo ku ze ku be nini.
70 Ya keta uDavida, inceku yayo,
Ya m tabata ezibayeni zezimvu:
71 E sa landela izimvukazi ezi izindhlezane,
Ya m leta ukuba aluse abantu bayo uJakobe, nefa layo uIsraeli.
72 Wa b'alusake njengokupelela kwenhliziyo yake,
Wa ba kapa ngekono lezandhla zake.

Isililo ngokucitwa kweJerusalem nomtandazo wokusizwa.

Ihubo li ka Asafu.

79 Nkulunkulu, izizwe se zi ngenile efeni lako;
Za ngcolisa itempeli elingcwele lako;
Z'enze iJerusalem li be izingqumbi.
2 Zi nike izidumbu zezinceku zako zi be ukudhla kwezinyoni zezulu,
Inyama yabangcwele bako ba yi nika izilo zomhlaba.
3 Igazi labo, zi li palazile njengamanzi eJerusalem inxa zonke;
A kwa ba biko owokubembela.
4 Si isihlamba ku bakelwane betu,
Usulu nesihxolodelo kubo abasizungezileyo.
5 Ko ze ku be nini, Jehova, u si tukutelele njalonjalo na?
Isikwele sako si ya kuvuta njengomlilo na?
6 Tulula ukufuteka kwako pezu kwezizwe ezingakwaziyo,
Pezu kwemibuso e nga li teti igama lako.
7 Ngokuba i dhlile uJakobe,
Ya cita ikaya lake.
8 Ma u nga kumbuli kiti ububi ba okoko betu:
Isihe sako ma si sheshe ukusihlangabeza;
Ngokuba s'enziwa amankengane kakulu.
9 Si size Nkulunkulu osisindisayo, ngenxa yodumo lwegama lako;
U s'opule, u yekele izono zetu, ngenxa yegama lako.
10 Yini ukuba izizwe zi ti, UNkulunkulu wabo upi na?
Ma kwazeke ezizweni emehlweni etu
Ukupindiselwa kwegazi lezinceku zako elipalaziweyo.
11 Ukububula kwesiboshwa ma ku ze pambi kwako:
Ngokobukulu bengalo yako ma u ba salise aba miselwe ukufa;
12 U buyisele ku bakelwane betu esifubeni sabo kakombisa
Isihlamba, aba ku capa ngenhlamba ngaso Nkosi.
13 Ngakoke tina abantu bako, izimvu zedhlelo lako
Si ya kukubonga ku ze ku be nini:
Si balise ngokudunyiswa kwako esizukulwaneni ngesizukulwane.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku nxuswa uNkulunkulu ukuba a sindise abantu bake emahlekeleleni abo.

Ku mhlonzi wokuhlabelela; ku lungiselwe iShoshanim Eduti. Ihubo li ka Asafu.

80 Ma u bek'indhlebe, wena Malusi ka Israeli,
O hola uJosefa njengezimvu;
Wena o hlala pezu kwamakerubi, kanya.
2 Pambi ku ka Efrayim, noBenjamin, noManase, vusa ubuqwaga bako,
U ze ukusisindisa.
3 Si buyise, Nkulunkulu;
U kanyise ubuso bako, si ya kusindiswa.

4 E, Jehova, Nkulunkulu wamabandhla,
Ko za ku be nini u tunqele umtandazo wabantu bako na?
5 U ba pe isinkwa sezinyembezi,
Wa ba puzisa izinyembezi ngesilinganiso esikulu.
6 U s'enza si be into aba xabana ngayo abakelwane betu;
Izita zetu zi hleka usulu pakati kwazo.
7 Si buyise, Nkulunkulu wamabandhla;
U kanyise ubuso bako, si ya kusindiswa.

8 Wa kipa umvini Egipite:
Wa xosha izizwe, wa wu tshala.
9 Wa lungisa pambi kwawo,
Wa gxila nokugxila, wa gcwalisa izwe.
10 Izintaba za mbozwa itunzi lawo,
Amagatsha awo a ba njengemisedare ka Nkulunkulu.
11 W'enabisa izingaba zawo za ze za fika elwandhle,
Namasaba awo a fika emfuleni.
12 U fohlozeleni izintango zawo,
Ba ze bonke aba dhlula ngendhlela ba wu ke na?
13 Ingulube yehlati i ya wu hlikiza,
Nezilo za sendhle zi hxaba kuwo.
14 Ma u buye, Nkulunkulu wamabandhla,
Bheka u sezulwini, u bone u hambele lo mvini,
15 Nesitombo esa tshalwa isandhla sokunene sako,
Negatsha owa ziqinisela lona.
16 U shisiwe ngomlilo, u nqunyiwe:
Ba ya buba ngokukuza kwobuso bako.
17 Isandhla sako ma si be pezu kwomuntu wesokunene sako,
Pezu kwendodana yomuntu o ziqinisele yona.
18 Konake a si yi kuhlehla kuwe:
Si pilise, si ya kuteta igama lako.
19 Jehova, Nkulunkulu wamabandhla, si buyise;
U kanyise ubuso bako, si ya kusindiswa.

Ubunene bu ka Nkulunkulu nokundinda ku ka Israeli.

Ku mhlonzi wokuhlabelela; ku lungiselwe iGititi. Eli ka Asafu.

81 Yenanelani ku Nkulunkulu amandhla etu:
Ni hlokome ku Nkulunkulu ka Jakobe.
2 Hlabani ihubo, ni lete isigubu,
Nenkoka emnandi, nogubu.
3 Shayani icilongo ekwetwaseni kwenyanga,
Na sekuhlanganeni kwenyanga, ngosuku lomkosi wetu.
4 Ngokuba ku isimiso kwa Israeli,
Nesiko li ka Nkulunkulu ka Jakobe.
5 Wa ku misa kwa Josefa ku be isifakazo,
Ekupumeleni kwake ezweni la sEgipite,
Lapo ng'ezwa ulimi enga be ngi nga lwazi.
6 Nga susa ihlombe lake emtwalweni:
Izandhla zake za kululwa ku nyazi wokutwala.
7 Wena wa ngi biza u sekukatazekeni, nga ku kulula;
Nga ku pendula ngi sekusitekeni kwokuduma kwezulu;
Nga ku vivinya emanzini a seMeriba. [Sela

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

8 Yizwani, bantu bami, ngi ya kufakaza kini:
Áu, Israeli, kwa nga u nga ngi lalela!
9 Ma ku nga biko kuwe unkulunkulu ongaziwayo;
U nga kuleki kuye unkulunkulu wezizwe.
10 Mina ngi nguJehova uNkulunkulu wako,
O kwenyuse ezweni la sEgipite:
Kamisa umlomo wako kakulu, ngi wu gcwalise.
11 Kepa abantu bami a ba lalelanga izwi lami;
UIsraeli a ka ngi vumanga.
12 Ngako nga ba yeka enkanini yenhliziyo yabo,
Ukuba ba hambe ngamasu abo.
13 Sengati abantu bami ba nga ngi lalela,
UIsraeli a hambe ezindhleleni zami!
14 Nga ngi ya kuvova izita zabo masinyane,
Ngi buyisele isandhla sami nga kwabayimpi kubo.
15 Abazondi ba ka Jehova nga be ya kuzincayisela kuye:
Kepa isikati sabo nga si mi ku ze ku be nini.
16 Nga e ba pa ukolweni omuhle;
Nga ngi ku sutisa ngezinyosi za sesiweni.

Ku kuzwa ukwahlulela oku nga fanele.

Ihubo li ka Asafu.

82 UNkulunkulu u mi enhlanganweni ka Nkulunkulu;
U y'ahlulela pakati kwa onkulunkulu.
2 Ko ze ku be nini n'ahlulela ngokungalungile,
N'amkela ubuso bamashinga na? [Sela
3 Yahlulelani ompofu nenkedama:
Ni m enzele okufaneleyo ohlupekayo nontulayo.
4 Hlangulisa ompofu nempabanga:
Ni b'opule esandhleni samashinga.
5 A b'azi, a ba qondi;
Ba hambahamba ebumnyameni:
Izisekelo zonke zomhlaba zi ya nyakaziswa.
6 Ngi te, Ni ngonkulunkulu nina,
Nonke ni ngamadodana oPezu Konke.
7 Kanti noko ni ya kufa njengabantu nje,
Ni we njengesinye sezikulu.
8 Vuka, Nkulunkulu, wahlulele umhlaba;
Ngokuba wena u ya kuzidhl'ubufa izizwe zonke.

Ku nxuswa uNkulunkulu ukuba a papatekise izita zake.

Ingoma, ihubo li ka Asafu.

83 Nkulunkulu, mus'ukuti cwaka:
U nga zituleli nje, mus'ukuti du, Nkulunkulu.
2 Ngokuba, bheka, izita zako zi ya xokozela;
Nabakuzondayo ba pakamise ikanda.
3 B'enza isigungu ngobuqili ngabantu bako,
Ba cebisana ukulwa nabatukusiweyo bako.
4 Ba te, Zanini, si ba nyamalalise, ba nga be be sa ba isizwe;
Ukuze li nga be li sa kunjulwa igama li ka Israeli.
5 Ngokuba ba cebisana nganhliziyonye;
B'enza isivumelwano ngawe:
6 Amatente a kwa Edom na kwa Ishmayeli;
UMoabe, namaHagari;
7 UGebali, noAmon, noAmaleki;
IFilistiya, kanye nabakileyo eTire:
8 IAsiriya futi li hlangene nabo;
Ba ba ingalo kwaba kwa Lote. [Sela
9 Yenza ku bona njenga ku Midiyan,
Na ku Sisera, na ku Jabin, emfuleni iKishon;
10 Aba shabalaliswa eEn-dore,
Ba ba njengomquba womhlabati.
11 Wenze amakosana abo a be njengoOrebe, noZebe;
Yebo, nezikulu zonke zabo zi be njengoZeba noZalmuna;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

12 Aba ti, Ma si zitatele a be awetu
Amakaya ka Nkulunkulu.
13 Nkulunkulu wami, b'enze ba be
njengotuli lwezicwe;
Njengezibi pambi kwomoya.
14 Njengomlilo o shisa ihlati,
Na njengelangabi el'okela izintaba,
15 A ku be njalo u ba landele ngesipepo sako,
U ba papatekise ngesivunguvungu sako.
16 Tela ubuso babo ngehlazo,
Ukuze ba fune igama lako, Jehova.
17 Ma ba jabe, ba papateke ku ze ku be nini;
Yebo, ma ba yangaze ba bube;
18 Ukuze b'azi ukuba nguwe wedwa o gama lako li nguJehova,
O ngoPezu Konke emhlabeni wonke.

Ukulangazelela inkonzo yetempeli.

Ku mhlonzi wokuhlabelela; ku lungiselwe iGititi. Ihubo lamadodana ka Kora.

84 Yeka ukutandeka kwamatabanekele ako
Jehova wamabandhla!
2 Umpefumulo wami u ya langazelela, yebo u ya pela ukulangazelela amagceke endhlu ka Jehova;
Inhliziyo yami nenyama yami i y'enanela ku Nkulunkulu opilayo.
3 Yebo, umzwilili u fumene indhlu yawo,
Nenkonjane isidhleke sayo, lapo i nga zalela kona amapupu ayo,
Yebo, amalati ako, Jehova wamabandhla,
Nkosi yami, Nkulunkulu wami.
4 Ba busisiwe aba hlezi endhlini yako:
Bo de be ku dumisa. [Sela
5 U busisiwe umuntu o mandhla ake a kuwe;
Imendo ya seZiyon e senhliziyweni yake.
6 Be dabula isigodi sokukala ba s'enza si be indawo yemitombo;
Yebo, imvula yokuqala i ya si mboza ngezibusiso.
7 Ba ti be sa hamba ba kule emandhleni;
Ba bonakala ilowo pambi ku ka Nkulunkulu eZiyon.
8 Jehova, Nkulunkulu wamabandhla, yizwa umtandazo wami;
U bek'indhlebe, Nkulunkulu ka Jakobe. [Sela
9 Bheka, Nkulunkulu, isihlangu setu,
U buke ubuso bogcotshiweyo wako.
10 Ngokuba usuku lu lunye emagcekeni endhlu yako luhle kunezi yinkulungwane.
Ngi nga keta ukuba ngi be umlindi womnyango endhlini ka Nkulunkulu wami,
Kunokuhlala ematenteni obushinga.
11 Ngokuba uJehova uNkulunkulu u ilanga nesihlangu:
UJehova u ya kunika umusa nodumo;
A ka yi kunqaba nokuhle kuye o hamba ngokupelela.
12 Jehova wamabandhla,
U busisiwe umuntu o temba kuwe.

Umtandazo wokuba uNkulunkulu a haukele isizwe.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. Ihubo lamadodana ka Kora.

85 Jehova wa ba nesisa kulo izwe lako;
U buyisile uJakobe ekutunjweni.
2 U tetelele icala labantu bako;
U fulele ukwona konke kwabo. [Sela
3 U susile yonke intukutelo yako;
U buyile kuko ukuvuta kwolaka lwako.
4 Si buyise, Nkulunkulu osisindisayo,
U yeke ukucunukala kwako ngati.
5 U ya kusitukutelela njalonjalo na?

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U ya kwelulela ulaka lwako ezizukulwaneni na sezizukulwaneni na?
6 A u yi kubuya, u si pilise,
Ukuze abantu bako ba tokoze kuwe na?
7 Si bonise isihau sako, Jehova,
U si nike usindiso lwako.
8 Ngi yo kuzwa loko uNkulunkulu uJehova a za kukukuluma;
Ngokuba u ya kukuluma okokutula ku bantu bake, na kubo abangcwele bake:
Kepa ma ba nga buyeli ebuwuleni.
9 Impela usindiso lwake lu seduze nabo abamesabayo,
Ukuze udumo lu hlale ezweni letu.
10 Ku hlangene isihau neqiniso;
Kwangana ukulunga nokutula.
11 Iqiniso li ya mila emhlabeni;
Ukulunga ku bheke pansi ku sezulwini.
12 Yebo, uJehova u ya kusinika okulungileyo;
Izwe letu li ya kusinika izitelo zalo.
13 Ukulunga ku ya kuhamba pambi kwake,
Kwenzele izinyawo zake indhlela.

Ihubo lokunxusa nokwetemba.

Umtandazo ka Davida.

86 Tobisa indhlebe yako, Jehova, u ngi pendule;
Ngokuba ngi mpofu ngi impabanga.
2 Gcina umpefumulo wami; ngokuba ngi ngcwele:
Sindisa inceku yako e temba kuwe wena Nkulunkulu wami.
3 Yiba nomusa kimi Nkosi;
Ngokuba ngi kala kuwe imini yonke.
4 Tokozisa umpefumulo wenceku yako;
Ngokuba ngi ya pakamisela umpefumulo wami kuwe, Nkosi.
5 Ngokuba wena, Nkosi, u mnene, u ngotetelelayo,
U vame isihau kubo bonke abakubizayo.
6 Wu bekel'indhlebe umtandazo wami, Jehova;
U lalele izwi lokunxusa kwami.
7 Ngosuku losizi lwami ngi ya kukubiza;
Ngokuba u ya kungipendula.
8 A kako o njengawe pakati kwa onkulunkulu, Nkosi;
Futi a kuko oku njengemisebenzi yako.
9 Izizwe zonke ozenzileyo zi ya kuza, zi kuleke pambi kwako, Nkosi:
Zi dumise igama lako.
10 Ngokuba wena u mkulu, wenza imimangaliso:
Wena wedwa u nguNkulunkulu.
11 Ngi yalele indhlela yako, Jehova; ngi ya kuhamba eqinisweni lako:
Yenze i benye inhliziyo yami ukuba yesabe igama lako.
12 Ngi ya kukubonga, Nkosi, Nkulunkulu wami, ngenhliziyo yonke yami;
Ngi dumise igama lako ku ze ku be nini.
13 Ngokuba isihau sako sikulu kimi;
Wopulile umpefumulo wami kulo ISheoli eli nga pansi.
14 Nkulunkulu, abaziqenyayo ba ngi vukele,
Inhlangano yezidhlangudhlangu i fune umpefumulo wami,
A zi bekanga wena pambi kwazo.
15 Kepa wena, Nkosi, u nguNkulunkulu o nesihe o nomusa,
Wepuza ukutukutela, u vame isihau neqiniso.
16 Pendukela kimi, u be nomusa kimi;
Yi nike inceku yako amandhla ako,
U sindise indodana yencekukazi yako.
17 Ng'enzele isiboniso sokuhle,
Ukuze abangizondayo ba si bone, ba jabe,
Ngokuba wena, Jehova, u ngi sizile wa ngi duduza.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amalungelo a lowo o wake eZiyon.

Ihubo lamadodana ka Kora. Ingoma.

87 Isisekelo asibekileyo si sezintabeni ezingcwele.
2 UJehova u ya tanda amasango eZiyon
Kunemizi yonke ka Jakobe.
3 Ku kulunywa okudumileyo ngawe,
Muzi ka Nkulunkulu. [Sela
4 Ngi ya kupata iRahabi neBabulon i ngeyemizi engaziyo mina:
Bheka, iFilistiya, neTire, n'Etiyopiya:
Lo muntu wa zalwa kona.
5 Yebo, ngeZiyon ku ya kutiwa,
Lo muntu, na lo muntu wa zalwa kulo;
OPezu Konke, yena u ya kuliziinzisa.
6 UJehova wo bala nxa e loba izizwe, ukuti
Lo muntu wa zalwa kona. [Sela
7 Abahlabelelayo kanye nabasinayo ba ya kuti,
Imitombo yonke yami i kuwe.

Isicelo sokusindiswa ekufeni.

Ingoma, ihubo lamadodana ka Kora; ku mhlonzi wokuhlabelela; ku lungiselwe iMahalati Leanoti. IMaskili li ka Heman umEzra.

88 Jehova, Nkulunkulu ongisindisayo,
Ngi kalile emini na sebusuku pambi kwako.
2 Umtandazo wami ma u ngene pambi kwako,
U tobisele indhlebe yako kuko ukumbongoza kwami.
3 Ngokuba umpefumulo wami u suti izinhlupeko,
Ukupila kwami ku ya sondela eSheoli.
4 Ngi balwa kanye nabo aba shona emgodini;
Ngi njengomuntu o nge namandhla,
5 Ngi lahliwe kanye nabafileyo,
Njengababuleweyo aba lele etuneni,
Ongasabakumbuliyo,
Njalo ba nqanyuliwe esandhleni sako.
6 U ngi bekile emgodini o pansi du,
Ezindaweni ezimnyama, ekujuleni.
7 Ukufuteka kwako ku ya ngi ficiza,
Wa ngi hlupa ngawo onke amaza ako. [Sela
8 U dedisele kude nami labo eng'azana nabo;
U ng'enze ngi be icilo ku bona:
Ngi valelwe, ngi nge pume.
9 Iso lami li ya pela ngenxa yokuhlupeka kwami:
Ngi ku bizile Jehova imihla ngemihla,
Ngi z'elulele izandhla zami kuwe.
10 Imbala u ya kwenzela abafileyo imimangaliso na?
Izitunzi zo vuka zi ku bonge na? [Sela
11 Ku ya kubaliswa ngesihau sako etuneni na?
Nokwetembeka kwako ekubujisweni na?
12 Imimangaliso yako i ya kwaziwa ebumnyameni na?
Nokulunga kwako ezweni lokukohlwa na?
13 Kepa mina ngi kalile kuwe, Jehova;
Ekuseni umtandazo wami u ya kukuhlangabeza.
14 Jehova, u lahleleni umpefumulo wami?
Ubuso bako u bu sitezelani kimi na?
15 Ngi ngohlupekayo nofayo kwa sebusheni bami:
Ngi sa twala amavuso ako ngi ya zibonqa.
16 Ukufuteka kwako ku ngi shonisile;
Ukutwetwezelisa kwako ku ngi qedile.
17 Kwa ngi zungeza njengamanzi imini yonke;
Kwa ngi haqa kanyekanye.
18 Otandekayo nomngane u ba dedisele kude nami,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

N'engazana naye wa m yisa ebumnyameni.

Isivumelwano si ka Jehova noDavida nezinkatazo zi ka Israeli.

IMaskili li ka Etan umEzra.

89 Ngi ya kuhlabelela ngesihau si ka Jehova ku ze ku be nini:
Ng'azise isizukulwane ngesizukulwane ukwetembeka kwako ngomlomo wami.
2 Ngokuba ngi te, Isihau si ya kwakiwa ku ze ku be nini;
Ukwetembeka kwako ku ya kuqiniswa ezulwini uqobo.

3 Ng'enzile isivumelwano noketiweyo wami,
Ngi fungile ku Davida inceku yami:
4 Ngi ya kuqinisa inzalo yako ku ze ku be nini,
Ngi s'ake isihlalo sako esizukulwaneni ngesizukulwane. [Sela
5 Izulu li ya kubonga imimangaliso yako, Jehova;
Nokwetembeka kwako embutanweni wabangcwele.
6 Ngokuba ubani esibakababakeni o nga linganiswa noJehova?
Ubani o fana noJehova pakati kwamadodana a onkulunkulu,
7 UNkulunkulu o shayisa uvalo kakulu empakatini wabangcwele,
Wesabeka kunabo bonke abamzungezileyo na?
8 Jehova, Nkulunkulu wamabandhla,
Ubani o namandhla o njengawe, Jehova?
Ukwetembeka kwako ku ku zungezile.
9 Wena u ya busa ukuzidhla kwolwandhle:
Ekupakameni kwamaza alo u ya wa dambisa.
10 Wena u cobozile uRahabi njengobuleweyo;
U hlakazile izita zako ngengalo yako e namandhla.
11 Izulu li ngelako, nomhlaba futi u ngowako:
Izwe nokugcwala kwalo, u ku beke isisekelo wena.
12 Inyakato neningizimu kwa dalwa nguwe:
ITabore neHermon ku y'enanela egameni lako.
13 U nengalo e nobuqwaga;
Si namandhla isandhla sako, si pakeme esokunene sako.
14 Ukulunga nokwahlulela ku isisekelo sesihlalo sako:
Isihau neqiniso ku ngabanduleli bako.
15 Ba busisiwe abantu abayaziyo inhlokomo yokujabula:
Ba ya hamba, Jehova, ekukanyeni kwobuso bako.
16 Ba y'etaba ngegama lako imini yonke;
Ba ya pakanyiswa ngokulunga kwako.
17 Ngokuba wena u ngamandhla aba zincoma ngawo;
Ko ti ngesisa sako upondo lwetu lu pakanyiswe.
18 Ngokuba isihlangu setu si esi ka Jehova;
INkosi yetu i nge yOngcwele ka Israeli.

19 Wa kuluma ngombono kubo abangcwele bako,
Wa ti, Ngi tumile usizo ngaye o isiqwaga;
Ngi pakamisile oketiweyo ku bantu.
20 Ngi fumene uDavida inceku yami;
Ngi m gcobile ngamafuta ami angcwele:
21 Isandhla sami si ya kuqiniselwa kuye;
Ingalo yami i ya kumkutaza.
22 Isita a si yi kumzuma,
Abantu abaxwalileyo a ba yi kumhlupa.
23 Ngi ya kudidizelisa abayimpi kuye pambi kwake,
Ngi ba shaye abamzondayo.
24 Kepa ukwetembeka kwami nesihau sami so ba naye;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Upondo lwake lu ya kupakama
ngegama lami.
25 Ngi ya kubeka isandhla sake pe-
zu kwolwandhle,
Nesandhla sokunene sake pezu
kwemifula.
26 Yena wo kala kimi, e ti, U ngu-
baba wena,
UNkulunkulu wami, iwa elingi-
sindisayo.
27 Futi ngi ya kumenza izibulo lami,
Ingqongqo yamakosi omhlaba,
28 Isihau sami ngi ya kumgcinela
sona ku ze ku be nini;
Isivumelwano sami si ya ku-
qiniswa kuye.
29 Ngi ya kumisa inzalo yake ku ze
ku be nini,
Nesihlalo sake sobukosi njenge-
zinsuku zezulu.
30 Uma abantwana bake be shiya
umteto wami,
Be nga hambi ngamasiko ami,
31 Uma be dumaza izimiso zami,
Be nga gcini imiyalo yami;
32 Ko ti ngi hambele kubo ngendu-
ku ngezipambuko zabo,
Namacala abo ngémivimbo.
33 Kepa a ngi yi kuputisa isihau
sami kuye,
A ngi yi kukohlisa ekwetembe-
keni kwami.
34 Isivumelwano sami a ngi yi ku-
sidumaza,
Ngi guqule okupumileyo emlo-
nyeni wami.
35 Ngi funge kanye ngobungcwele
bami:
A ngi yi kuqamb'amanga ku Da-
vida:
36 Inzalo yake i ya kuba kona ku
ze ku be nini,
Nesihlalo sake sobukosi njenge-
langa pambi kwami.
37 Si ya kuqiniseka njengenyanga
ku ze ku be nini,
Njengofakazi otembekayo esiba-
kabakeni. [Sela

38 Kepa wena u m lahlile, wa m
nqaba,
Wa tukutelela ogcotshiweyo wa-
ko.
39 W'enyanyile isivumelwano se-
nceku yako:
U dumazile umqele wayo ngoku-
wuwisa pansi.
40 U fohlozile zonke izintango za-
yo;
Wa z'enza izinqaba zayo zi be
incitakalo.
41 Bonke abadhlulayo endhleleni ba
yi panga:
I si isihlamba ku bakelwane ba-
yo.
42 U pakamisile isandhla sokunene
sabayimpi kuyo;
U tokozisile zonke izita zayo.
43 Yebo, u buyisile ubukali benke-
mba yayo,
A u yi misanga ekulweni.
44 U kwenze kwa pela ukukazimula
kwayo,
Wa lahla pansi isihlalo sayo so-
bukosi emhlabatini.
45 U finyezile izinsuku zobusha ba-
yo:
Wa yi mboza ngokujaba. [Sela
46 Ko za ku be nini, Jehova, u zisi-
teza njalonjalo na?
Ukufuteka kwako ku vute nje-
ngomlilo na?
47 Kumbula ubufupi besikati sa-
mi:
Yeka ukubadalel'ize kwako aba-
ntwana bonke babantu!
48 Yimupi umuntu o ya kuhlala a
nga boni ukufa na?
A hlangulise umpefumulo wake
emandhleni eSheoli na? [Sela
49 Nkosi, zipi izihau zako zokuqala
na,
Owa zi fungela ku Davida ngo-
kwetembeka kwako na?
50 Kumbula, Nkosi, isihlamba sezi-
nceku zako;
Ukutwala kwami esifubeni sami
isihlamba sezizwe zonke ezi na-
mandhla.
51 Ezi cape ngenhlamba ngaso izita
zako, Jehova,
Ezi cape ngenhlamba ngaso izi-
nyawo zogcotshiweyo wako.

52 Ma ka bongwe uJehova ku ze ku
be nini, Amen, Amen.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

INCWADI IV

Ukumakade ku ka Nkulunkulu nokumuka kwabantu.

Umtandazo ka Moses, umuntu ka Nkulunkulu.

90 Nkosi, wena u ikaya letu
Esizukulwaneni ngesizukulwane.
2 Zi nga ka zalwa izintaba,
U nga ka bi nenimba ngomhlaba nezwe,
Ku suka pakade ku ze ku be nini, wena u nguNkulunkulu.
3 U ya m buyisela umuntu otulini,
U ti, Buyani bantwana babantu.
4 Ngokuba iminyaka e inkulungwane emehlweni ako
I njengemini ya izolo uma i dhlulile,
Na njengomlindo ebusuku.
5 U ya ba kukula; ba njengobutongo:
Kusasa ba fana notshani obuhlumayo.
6 Kusasa bu ya kahlela, bu hlume;
Kusihlwa bu ya sikwa bu bune.
7 Ngokuba si ya qedwa ulaka lwako,
Na ngokufuteka kwako si ba nokupapateka.
8 U beke amacala etu pambi kwako,
Nezono zetu ezisitekileyo ekukanyeni kwobuso bako.
9 Ngokuba izinsuku zetu zi ya dhlula entukutelweni yako:
Si qeda iminyaka yetu njengokuswebeza.
10 Izinsuku zeminyaka yetu zi iminyaka e ngamashumi a isikombisa,
Noma ngenxa yamandhla zi iminyaka e ngamashumi a isishiyangalombili;
Noko ukuzincoma kwazo ku ngukukandhleka nosizi;
Ngokuba ku ti peshe be se si ndiza.
11 Ubani owaziyo amandhla olaka lwako na?
Nentukutelo yako ngokufanele ukwesabeka kwako?
12 S'azise ukubala izinsuku zetu,
Ukuze si zuze inhliziyo yokuhlakanipa.
13 Buya, Jehova; ko za ku be nini na?
U zisole ngezinceku zako.
14 Si sutise ekuseni ngesihau sako,
Ukuze s'enanele si tokoze izinsuku zonke zetu.
15 Si tokozise ku be ngangezinsuku owa si hlupa ngazo,
Ngangeminyaka esi bone okubi ngayo.
16 Umsebenzi wako ma u bonakale kuzo izinceku zako,
Nobukosi bako ku bantwana bazo.
17 Ubumnandi bu ka Jehova, uNkulunkulu wetu, ma bu be pezu kwetu;
U qinise umsebenzi wezandhla zetu pezu kwetu;
Yebo, umsebenzi wezandhla zetu u wu qinise.

Ukusimama kwake o tembela ku Jehova.

91 Yena owakileyo ekusitekeni kwoPezu Konke
U ya kuhlala etunzini li ka Somandhla.
2 Ngi ya kuti ngoJehova, U isipepelo sami, nenqaba yami;
UNkulunkulu wami, engi temba kuye.
3 Ngokuba yena wo k'opula ogibeni lomtiyi,
Na kulo ubadane lokufa olububisayo.
4 U ya kukumboza ngezimpape zake,
Ngapansi kwamapiko ake u ya kupepela:
Iqiniso lake li isihlangu nehau.
5 A u yi kwesaba ngevuso ebusuku,
Na ngomcibisholo o ndiza emini;
6 Na ngobadane lokufa olu hamba ebumnyameni,

Digitized by Google Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Na ngesifo esibulalayo esi qotula emini enkulu.
7 Ku ya kuwa inkulungwane nga sohlangotini lwako,
Nezinkulungwane ezi ishumi esandhleni sokunene sako;
Kepa a ku yi kusondela kuwe.
8 U ya kubheka ngamehlo ako kupela,
U bone ukupindiswa kwamashinga,
9 Ngokuba wena, Jehova, u isipepelo sami!
U m enzile oPezu Konke a be ikaya lako;
10 A u yi kwehlelwa okubi,
Nesifo a si yi kusondela etenteni lako.
11 Ngokuba wo yala izingelosi zake ngawe,
Zi ku gcine ezindhleleni zako zonke.
12 Zi ya kukutwala ngezandhla zazo,
Funa u quzuke ngonyawo lwako etsheni.
13 U ya kunyatela pezu kwengonyama nebululu:
U cibize pansi ibhongo lengonyama nenyoka.
14 Ngokuba inhliziyo yake i te ncasha kimina, ngako ngo m kulula:
Ngi m pakamise, ngokuba e l'azi igama lami.
15 U ya kungibiza, ngi sabele;
Ngo ba naye e sosizini:
Ngo m kulula, ngi m dumise.
16 Ngi ya kumanelisa ngobude bezinsuku,
Ngi m bonise usindiso lwami.

Ku bongwa ubunene bu ka Jehova.

Ihubo, ingoma yosuku lwesabata.

92 Kuhle ukubonga uJehova,
Nokuhubela igama lako, wena oPezu Konke;
2 Ukuveza isihau sako ekuseni,
Nokwetembeka kwako kusihlwa njalo,
3 Ngento e nezintambo ezi ishumi, na ngogubu;
Ngenkoka evumayo ngemvunge.
4 Ngokuba wena, Jehova, u ngi tokozisile ngomsebenzi wako:
Ngi ya kwenanela ngemisebenzi yezandhla zako.
5 Yeka ubukulu bezenzo zako, Jehova!
Izizindhlo zako zi julile kakulu.
6 Isituntusha a si kwazi loku;
Nesiwula a si ku qondi:
7 Nxa amashinga e hluma njengotshani,
Nabo bonke ab'enza okubi be kahlela;
Ku ukuba ba shabalaliswe ku ze ku be nini.
8 Kepa wena, Jehova, u pakeme ku ze ku be nini.
9 Ngokuba, bheka, izita zako, Jehova,
Ngokuba, bheka, izita zako zi ya kububa;
Ab'enza okubi bonke ba ya kuhlakazwa.
10 Kepa u pakamisile upondo lwami njengolwenyati:
Ngi teliwe ngamafuta amasha.
11 Iso lami li bonile ebengikufisayo ngezita zami,
Izindhlebe zami z'ezwa ebengikufisayo ngababi abangivukelayo.
12 Olungileyo u ya kuhluma njengesundu:
A kule njengomsedare eLebanon.
13 Ba tshaliwe endhlini ka Jehova;
Ba ya kuhluma emagcekeni ka Nkulunkulu wetu.
14 Ba ya kudhlula ba xante ebungwevwini;
Ba tewuzele, ba be luhlaza:
15 Ukuveza ukuba uJehova u qoto;
U iwa lami, a kuko ukungalungi kuye.

Ubungqongqoshe bu ka Jehova.

93 UJehova u ya busa; wembete ubungqongqoshe;
UJehova wembete amandhla; wa binca ngawo:
Izwe li qinisiwe ukuba li nga nyakaziswa.
2 Isihlalo sako sobukosi si qinisiwe kwa sendulo:
Wena wa u kona kwa pakade.
3 Imifula i pakamisile, Jehova,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Imifula i pakamisile izwi layo;
Imifula i ya pakamisa amaza ayo.
4 Kunenhlokomo yamanzi amaningi,
Kunamadhlambi a dhlondhlobele olwandhle,
UJehova opezulu u dhlondhlobele.
5 Izifakazo zako zi qinisekile kakulu:
Ubungcwele bu fanele indhlu yako,
Jehova, ku ze ku be sekupeleni kwezinsuku.

Ku nxuswa uJehova ukuba a pindisele abantu bake.

94 Jehova, Nkulunkulu wempindiselo,
Nkulunkulu wempindiselo, kanya.
2 Ma u pakame wena Mahluli womhlaba:
U buyisele pezu kwabazidhlayo okubafaneleyo.
3 Jehova, ko za ku be nini amashinga,
Ko za ku be nini amashinga etaba na?
4 A ya kihliza, a kuluma ngobugangangozi:
Ba zigabisa bonke ab'enza okubi.
5 Ba ya coboza abantu bako, Jehova,
Ba hlupa ifa lako.
6 Ba ya bulala umfelokazi n'o te gozololo,
Ba ceka izinkedama.
7 Ba ti, UJehova ka yi kubona,
UNkulunkulu ka Jakobe ka yi kuqonda.
8 Qondani, nina zituntusha ebantwini;
Nani ziwula, ni ya kuhlakanipa nini na?
9 Yena owa milisa indhlebe a ka yi kuzwa na?
Yena owa bumba iso a ka yi kubona na?
10 Yena o laya izizwe a ka yi kusola na?
Yena o fundisa abantu ukwazi na?
11 UJehova u ya z'azi izizindhlo zabantu,
Ukuba zi ngumoya nje.
12 Jehova, u busisiwe lo muntu omlayayo,
U m fundise ngomteto wako;
13 Ukuba u m pumuze ezinsukwini ezimbi,
Ku ze ku mbelwe ishinga igebe.
14 Ngokuba uJehova a ka yi kuntshinga abantu bake,
A ka yi kushiya ifa lake.
15 Ngokuba ukwahlulela ku ya kubuyela ekulungeni;
Bonke abaqoto enhliziyweni ba ku landele.
16 Ubani o ya kuvukela ababi ngenxa yami na?
Ubani o ya kungimela ngab'enza okubi na?
17 Nxa uJehova e be nge siye umsizi wami,
Umpefumulo wami u bu ya kuhlala masinyane lapo ku te cwanta.
18 Ku t'uba ngi ti, Unyawo lwami lu ya shelela,
Isihau sako, Jehova, si ngi pase.
19 Ekuvameni kwemicabango yami pakati kwami
Iziduduzo zako zi y'etabisa umpefumulo wami.
20 Isihlalo sobukosi sobubi si ya kuhlanganyela nawe,
Esi bumba ukuhxina ngesimiso na?
21 Ba butana ngamaviyo ukulwa nompefumulo wolungileyo,
Ba lahla igazi eli msulwa.
22 Kepa uJehova u ngumboshongo wami opakemeyo,
UNkulunkulu wami u iwa engi pepela kulo.
23 U letile pezu kwabo icala labo,
U ya kubaqeda ebubini babo;
UJehova uNkulunkulu wetu wo ba qeda.

Ku bongwa uJehova, ku xwayiswe ngokungakolwa.

95 Zanini, s'enanele ku Jehova;
Ma si hlokome kulo iwa elisisindisayo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

2 Ma si ze pambi kwobuso bake ngokubonga;
Ma si hlokome kuye ngamahubo.
3 Ngokuba uJehova u nguNkulunkulu omkulu,
U iNkosi enkulu ngapezu kwa onkulunkulu bonke.
4 Esandhleni sake ku kona izingoningoni zomhlaba;
Iziqongo zezintaba ezake nazo.
5 Ulwandhle lu ngolwake, wa lwenza;
Izandhla zake za bumba umhlabati owomileyo.
6 Wozani, ma si kuleke si kotame;
Ma si guqe pambi ku ka Jehova uMenzi wetu:
7 Ngokuba yena u nguNkulunkulu wetu,
Tina si ngabantu bedhlelo lake, si izimvu zesandhla sake.
Namhla, kwa nga ni nga li zwa izwi lake!
8 Ni nga y'enzi lukuni inhliziyo yenu, njenga seMeriba,
Njenga sosukwini lwaseMasa ehlane;
9 Mhla oyihlo ba ngi linga,
Ba ngi vivinya, ba bona umsebenzi wami.
10 Iminyaka e ngamashumi amane nga dikibala nga leso sizukulwane,
Nga ti, Ba ngabantu abedukayo enhliziyweni yabo,
A b'azanga izindhlela zami:
11 Ngako nga funga olakeni lwami,
Ukuti a ba soze ba ngena ekupumuleni kwami.

Ku menyelwe ukuba ku kulekwe ku Jehova umahluli olungileyo.

96 M hlabeleleleni uJehova ingoma entsha:
M hlabeleleleni uJehova, mhlaba wonke.
2 M hlabeleleleni uJehova, ni bonge igama lake;
Ni memezele usindiso lwake imihla ngemihla.
3 Balisani ngobukosi bake ezizweni,
Balisani ngemimangaliso yake pakati kwabantu bonke.
4 Ngokuba uJehova mkulu, u ngowokudunyiswa kakulu:
Yena u ngowokwesatshwa ngapezu kwa onkulunkulu bonke.
5 Ngokuba bonke onkulunkulu bezizwe ba izitombe;
Kepa uJehova w'enza izulu.
6 Ukutuseka nobukosi ku pambi kwake:
Amandhla nobucwazicwazi bu sendhlini yake engcwele.
7 M nikeni uJehova, nina mindeni yezizwe,
M nikeni uJehova udumo namandhla.
8 M nikeni uJehova udumo olu fanele igama lake:
Ni lete umnikelo, ni ngene emagcekeni ake.
9 Kulekani ku Jehova, ni hlobe ngokungcwele:
Tutumelani pambi kwake, mhlaba wonke.
10 Yitini ezizweni, UJehova u ya busa:
Izwe futi li qinisiwe ukuba li nga nyakaziswa:
Wo teta icala lezizwe ngoku te ntse.
11 Ma li tokoze izulu, wetabe umhlaba;
Ma lu dume ulwandhle nokugcwala kwalo;
12 Ma wetabe umhlabati nako konke oku kuwo;
I ze i ti imiti yonke yehlati yenanele
13 Pambi ku ka Jehova; ngokuba u y'eza,
Ngokuba u y'eza ukwahlulela umhlaba:
U ya kwahlulela izwe ngokulunga,
Nabantu ngeqiniso lake.

Ku batshazwa amandhla nokubusa ku ka Jehova.

97 UJehova u ya busa; ma w'etabe umhlaba;
Ma zi tokoze iziqingi eziningi.
2 Amafu nobumnyama obu te mbe ku m zungezile:
Ukulunga nokwahlulela ku isisekelo sesihlalo sake sobukosi.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

3 Umlilo u ya hamba pambi kwake,
U shise abayimpi kuye abamzungezileyo.
4 Izinyazi zake zi kanyisile izwe:
Umhlaba wa bona wa tutumela.
5 Izintaba za ncibilika njengengcina pambi ku ka Jehova,
Pambi kweNkosi yomhlaba wonke.
6 Izulu li ya landa ngokulunga kwake,
Izizwe zonke zi bonile ubukosi bake.
7 Ma ba jabe bonke aba konza izitombe ezibaziweyo,
Aba zigabisa ngezitombe:
Kulekani kuye, nina nonke bonkulunkulu.
8 IZiyon li zwile la tokoza,
Amadodakazi a kwa Juda etaba,
Ngezahlulelo zako, Jehova.
9 Ngokuba wena, Jehova, u ingqongqo yomhlaba wonke:
U pakeme kakulu pezu kwa onkulunkulu bonke.
10 Nina aba tanda uJehova zondani okubi:
U ya gcina imipefumulo yabangcwele bake;
U ya b'opula esandhleni samashinga.
11 Ukukanya ku hlwanyelelwa olungileyo,
Intokozo i hlwanyelelwa abaqoto enhliziyweni.
12 Tokozani ku Jehova, nina balungileyo;
Ni bonge isikumbuzo sake esingcwele.

Ku menyelwe ukuba ku bongwe uJehova ngokulunga kwake.

Ihubo.

98 M hlabeleleleni uJehova ingoma entsha;
Ngokuba wenzile imimangaliso:
Ngesandhla sake sokunene, nengalo yake engcwele u zizuzele ukunqoba.
2 UJehova wazisile usindiso lwake:
Ukulunga kwake u kwambulile emehlweni ezizwe.
3 U kumbulile isihau sake nokwetembeka kwake kuyo indhlu ya kwa Israeli:
Amajukujuku onke omhlaba a bonile usindiso lu ka Nkulunkulu wetu.
4 Hlokomani ku Jehova mhlaba wonke:
Qumukani, n'enanele, yebo, ni hube.
5 M hubeleni uJehova ngenkoka;
Ngenkoka nomsindo wokuhuba.
6 Ngamacilongo nokukala kwomtshingo
Hlokomani pambi kweNkosi, uJehova.
7 Ma lu dume ulwandhle nokugcwala kwalo;
Izwe, nabakileyo kulo;
8 Imifula ma i shaye ihlombe;
Izintaba ma z'enanele kanyekanye
9 Pambi ku ka Jehova; ngokuba u y'eza ukwahlulela umhlaba:
U ya kwahlulela izwe ngokulunga,
Nezizwe ngoku te ntse.

Ku bongwa uJehova ngokwetembeka kwake ku Israeli.

99 UJehova u ya busa; ma ba gedezele abantu:
U hlezi pezu kwamakerubi; ma u nyakaziswe umhlaba.
2 UJehova mkulu eZiyon;
U pakeme ngapezu kwezizwe zonke.
3 Ma ba bonge igama lako elikulu nelesabekayo:
Yena u ngcwele.

4 Futi amandhla eNkosi a ya tanda ukwahlulela;
Wena u ya qinisa ubuqoto;
Wahlulela kahle wenza okulungileyo kwa Jakobe.
5 M pakamiseni uJehova uNkulunkulu wetu,
Ni kuleke esenabelweni sezinyawo zake:
Yena u ngcwele.

6 UMoses noAron pakati kwabapristi bake,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

NoSamuweli pakati kwabo aba teta igama lake;
Ba biza uJehova, yena wa sabela.
7 Wa kuluma kubo e sensikeni ye-fu:
Ba gcina izifakazo zake,
Nesimiso a ba nika sona.
8 Jehova Nkulunkulu wetu, wena u ba pendulile:
Wa ba nguNkulunkulu obatetelelayo,
Noma wa pindisela izenzo zabo.
9 M pakamiseni uJehova uNkulunkulu wetu,
Ni kuleke entabeni yake engcwele;
Ngokuba u ngcwele uJehova uNkulunkulu wetu.

Ku vuswa abantu bonke ukuba ba bonge uNkulunkulu.

Ihubo lokubonga.

100 Hlokomani ku Jehova, mhlaba wonke.
2 M konzeni uJehova ngokutokoza:
Yizani pambi kwake ngokwenanela.
3 Yazini ukuba uJehova u nguNkulunkulu:
Uyena osenzileyo, si ngabake;
Si ngabantu bake, si izimvu zedhlelo lake.
4 Ngenani emasangweni ake ni bonga,
Na semagcekeni ake ni dumisa:
M bongeni ni busise igama lake.
5 Ngokuba uJehova u mnene; isihau sake si mi ku ze ku be nini,
Nokwetembeka kwake esizukulwaneni ngesizukulwane.

Ukusho kwomHlabeleli ubuqoto bake.

Ihubo li ka Davida.

101 Ngi ya kuhlabelela ngesihau nokwahlulela:
Ngi ya kuhubela wena Jehova.
2 Ngi ya kuzipata ngokuhlakanipa ngendhlela epeleleyo:
U ya kuza kimi nini na?
Ngi ya kuhamba pakati kwendhlu yami ngenhliziyo epeleleyo.
3 A ngi yi kubeka pambi kwamehlo ami indaba yobuhatanga:
Ngi ya zonda ukwenza kwabapambukayo;
A ku yi kunamatela kimi.
4 Inhliziyo exabileyo i ya kusuka kimi:
A ngi yi kuyazi into embi.
5 Ngi ya kunquma o sekehla umakelwane wake ngasese:
A ngi yi kuvuma yena o mehlo adelelayo no nhliziyo izidhlayo.
6 Amehlo ami a ya kuba kubo abatembekayo bomhlaba, ukuze ba hlale nami:
O hamba ngendhlela epeleleyo, u yo ngi konza lowo.
7 A ka yi kuhlala endhlini yami o wenza inkohliso:
Yena o kuluma amanga a ka yi kuzinza pambi kwamehlo ami.
8 Insakavukela ngi ya kuqeda amashinga onke omhlaba;
Ukuze ngi nqume bonke ab'enza okubi emzini ka Jehova.

Umtandazo wohlupekayo ukuba ku haukelwe yena neZiyon.

Umtandazo wohlupekayo, nxa e te dica e tulula isikalo sake pambi ku ka Jehova.

102 Jehova, yizwa umtandazo wami,
Ma ku fike kuwe ukukala kwami.
2 U nga sitezi ubuso bako kimi ngosuku losizi lwami:
Tobisela indhlebe yako kimi;
U sheshe u ngi pendule ngosuku engi biza ngalo.
3 Ngokuba izinsuku zami zi ya pela njengomusi,
Namatambo ami a ya sha njengesikuni.
4 Inhliziyo yami i shayiwe, i bunile njengotshani;
Nempela ngi kohlwa ukudhla ukudhla kwami.
5 Ngenxa yezwi lokukala kwami
Amatambo ami a namatele enyameni yami.
6 Ngi fana newonde la sehlane;
Se ngi njengesikova sezwekufa.
7 Ngi ya qomoloza, ngi be njengomzwilili,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Njengomzwilili o wodwa opahleni lwendhlu.
8 Izita zami zi ya ngi capa ngenhlamba imini yonke;
Bona aba gcwaneka ngami ba qalekisa ngami.
9 Ngokuba ngi dhle umlota njengesinkwa,
Ngi xubanisile engikupuzayo nokulila,
10 Ngenxa yokubhaha kwako nolaka lwako:
Ngokuba u ngi fukulile, wa ngi ntshinga.
11 Izinsuku zami zi njengomtunzi owelulekayo;
Ngi bunile njengotshani.

12 Kepa wena, Jehova, u ya kuhlala ku ze ku be nini;
Nesikumbuzo sako esizukulwaneni ngesizukulwane.
13 U ya kuvuka, u be nesihe nge-Ziyon;
Ngokuba se ku isikati sokulihaukela,
Yebo, isikati esimisiweyo si fikile.
14 Ngokuba izinceku zako amatshe alo a ya zi kola,
Zi haukela utuli lwalo.
15 Ngako izizwe zi ya kwesaba igama li ka Jehova,
Namakosi onke omhlaba esabe ubukosi bako.
16 Ngokuba uJehova u l'akile iZiyon;
U bonakele ebukosini bake;
17 U nakekele umtandazo waba nhluzwa,
A ka wu delanga umtandazo wabo.
18 Loku ko lotshelwa isizukulwane esizayo;
Abantu aba za kudalwa ba ya kudumisa uJehova.
19 Ngokuba wa bheka e sekupakameni kwendhlu yake engcwele;
UJehova wa bheka umhlaba e sezulwini;
20 Ukuba ezwe ukububula kwesiboshwa;
A kulule aba miselwe ukufa;
21 Ukuba ku baliswe ngegama li ka Jehova eZiyon,
Na ngendumiso yake eJerusalem;
22 Ekubutaneni kwezizwe,
Nemibuso ukumkonza uJehova.

23 Wa tobisa amandhla ami endhleleni;
Wa finyeza izinsuku zami.
24 Nga ti, Nkulunkulu wami, u nga ngi susi ngi semgabelweni wezinsuku zami:
Iminyaka yako i sesizukulwaneni ngesizukulwane.
25 Endulo wa beka isisekelo somhlaba;
Izulu li ngumsebenzi wezandhla zako.
26 Li ya kububa, kepa wena u ya kuma;
Yebo, li ya kuguga lonke njengengubo;
Njengesambato u ya kulipendula, li pendulwe.
27 Kepa wena u nguwena njalo,
Iminyaka yako a i yi kupela.
28 Abantwana bezinceku zako ba ya kuhlala,
Nenzalo yabo i zinze pambi kwako.

Ku bongwa isihau si ka Jehova.

Eli ka Davida.

103 M bonge uJehova, mpefumulo wami;
Nako konke oku pakati kwami, ma ku bonge igama lake elingcwele.
2 M bonge uJehova, mpefumulo wami,
U nga kohlwa impato yonke yake enhle:
3 O tetelela amacala onke ako;
O pilisa izifo zonke zako;
4 O hlenga ukupila kwako ekubujisweni;
O ku qelisa ngesihau na ngesihe;
5 O sutisa ukufisa kwako ngokuhle,
Bu ze bu ti ubusha bako bu buyiswe njengokozi.
6 UJehova u b'enzela okulungileyo,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

A bahlulele kahle bonke aba petwe ngokahlo.
7 Wa m azisa uMoses izindhlela zake,
Naba kwa Israeli izenzo zake.
8 UJehova u nesihe, u nomusa,
Wepuza ukutukutela, u vame isihau.
9 A ka yi kukankata njalonjalo;
Ka yi kuhlala e tukutele ku ze ku be nini na nini.
10 A k'enzanga kitina njengezono zetu,
A ka si vuzanga ngokwamacala etu.
11 Ngokuba njengokupakama kwezulu pezu kwomhlaba,
Si njalo isihau sake si namandhla kubo abamesabayo.
12 Njengempumalanga i kude nentshonalanga,
Ku njalo u dedisele kude nati izipambuko zetu.
13 Njengoyise e nesihe ngabantwana bake,
Ku njalo uJehova u nesihe ngabo abamesabayo.
14 Ngokuba u y'azi ukubunjwa kwetu;
U ya kumbula ukuba si utuli nje.
15 Kepa umuntu, zi njengotshani izinsuku zake;
Njengembali ya sendhle, ku njalo ukukahlela kwake.
16 Ngokuba umoya u ya dhlula pezu kwayo, i nga b'i sa bako;
Indawo yayo i nga be i sa y'azi.
17 Kepa isihau si ka Jehova si kubo abamesabayo ku suka pakade ku ze ku be nini,
Nokulunga kwake ku bantwana babantwana;
18 Kwaba gcina isivumelwano sake,
Naba kumbula iziyalezelo zake ukuzenza.
19 UJehova u misile isihlalo sake sobukosi ezulwini;
Umbuso wake u ya busa pezu kwako konke.
20 Bongani uJehova, nina zingelosi zake,
Nina ziqwaga ezi namandhla, ezi feza izwi lake,
Zi lalela oku shiwo izwi lake.
21 Bongani uJehova, nina mabandhla onke ake,
Nina zikonzi zake, ez'enza intando yake.
22 Bongani uJehova, nina nonke misebenzi yake,
Ezindaweni zonke zokubusa kwake:
M bonge uJehova, mpefumulo wami.

UJehova, ukunakekela kwake imisebenzi yonke yake.

104 M bonge uJehova, mpefumulo wami.
Jehova Nkulunkulu wami, wena u mkulu kakulu;
Wambete ukutuseka nobukosi:
2 O wembete ukukanya njengengubo;
O weneka izulu njengesisitezo;
3 O beka imijanjato yamakamelo ake emanzini;
O wenza amafu inqolana yake;
O hamba ngamapiko omoya;
4 O wenza imimoya i be izigijimi zake;
Namalangabi omlilo a be izikonzi zake;
5 Owa beka izisekelo zomhlaba ezidekwini zawo,
Ukuba u nga nyakaziswa na nini.
6 Wa w'ambatisa ngolwandhle njengengubo;
Amanzi ema pezu kwezintaba.
7 Ngokukuza kwako a baleka;
Ngezwi lokuduma kwako a yayateka
8 (Kw'enyuka izintaba, kw'ehla izigodi)
A ya ku leyo ndawo owa u yi bekele wona izisekelo.
9 U misile umkaulo ukuze a nga dhluli;
A nga buyi ukusibekela umhlaba.
10 U ya tuma imitombo ezihlanjeni;
I ya hamba pakati kwezintaba;
11 I ya puzisa izilwane zonke za sendhle;
Izimbongolo za sendhle zi cima ukwoma kwazo.
12 Ku yona izinyoni zezulu zi y'aka;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Zi ya kala pakati kwamagatsha.
13 U ya matisa izintaba e kuwo amakamelo ake:
Umhlaba u suti isitelo semisebenzi yako.
14 U ya milisela izinkomo utshani,
Nemfino yokusiza abantu;
Ukuze ku pume ukudhla emhlabeni,
15 Newayini eli tokozisa inhliziyo yomuntu,
Namafuta okukazimulisa ubuso bake,
Nokudhla okuhlumelelisa inhliziyo yomuntu.
16 Imiti ka Jehova i suti,
Imisedare ya seLebanon ayitshalileyo;
17 Lapo izinyoni z'akela kona:
Ugolantete, imiti yefire i indhlu yake.
18 Izintaba ezinde zi ezamagogo;
Amawa a isipepelo sezimbila.
19 Wa misa inyanga i be eyokwahlukanisa izikati:
Ilanga li ya kwazi ukushona kwalo.
20 Wenza ubumnyama, ku be sebusuku,
Ngabo ku nyakaza izilo zonke zehlati.
21 Amabhongo ezingonyama a bhongela inyamazane yawo,
A fune ukudhla kwawo ku Nkulunkulu.
22 Li puma ilanga, a ya nyamalala,
A yo butisa emihumeni yawo.
23 Be se ku puma umuntu a ye emsebenzini wake
Na senkonzweni yake ku ze ku hlwe.
24 Jehova, yeka ukuvama kwemisebenzi yako!
U y'enzile yonke ngokuhlakanipa:
Umhlaba u gcwele imfuyo yako.
25 Nantuya ulwandhle olukulu olubanzi inxa zombili,
Lapo zi kona izinto ezihuquzelayo ezi nge na kubalwa,
Izilwane ezincane kanye nezinkulu.
26 Imikumbi i hamba kona;
Umkomo u kona, owubumbileyo ukuba u dhlale kulo.
27 Lezi zonke zi bheka kuwe,
Ukuze u zi pe ukudhla kwazo ngesikati esifaneleyo.
28 U ya zi pa, zi ya cosha;
U ya vula isandhla sako, zi ya suta okuhle.
29 U ya siteza ubuso bako, zi ba nokupapateka;
U ya susa umpefumulo wazo, zi' ya fa,
Zi buyela otulini lwazo.
30 U ya tuma uMoya wako, zi ya dalwa;
Wenza busha ubuso bomhlabati.
31 Udumo lu ka Jehova ma lu me ku ze ku be nini;
UJehova ka tokoze ngemisebenzi yake:
32 O buka umhlaba, u tutumele;
U namata izintaba, zi tunqe.
33 Ngi ya kuhlabelelela uJehova ngi sa hamba:
Ngo hubela uNkulunkulu wami ngi se kona.
34 Ukuzindhla kwami ma ku be mtoti kuye:
Ngi ya kutokoza ku Jehova.
35 Izoni ma zi pele emhlabeni;
Ma ku ti amashinga a nga be e sa bako.
M bonge uJehova, mpefumulo wami.
Dumisani uJehova.

Imisebenzi emangalisayo ka Jehova a y'enzela uIsraeli.

105 Bonganini uJehova, ni tete igama lake;
Yazisani izizwe izenzo zake.
2 M hlabelelele leni, ni m hubele;
Kulumani ngemimangaliso yake yonke.
3 Zigabiseni egameni lake elingcwele:
Ma i tokoze inhliziyo yabo aba cinga uJehova.
4 Funani uJehova, namandhla ake;
Cingani ubuso bake njalonjalo.
5 Kumbulani imimangaliso yake ayenzileyo,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izibonakaliso zake, nezahlulelo zomlomo wake,
6 Nina, nzalo ka Abraham inceku yake,
Bantwana ba ka Jakobe, abaketiweyo bake.
7 Yena u nguJehova uNkulunkulu wetu:
Izahlulelo zake zi kuwo wonke umhlaba.
8 U kumbulile isivumelwano sake ku ze ku be nini,
U kumbulile izwi a yala ngalo kuzo izizukulwane ezi inkulungwane,
9 A vumelana ngalo noAbraham,
Nesifungo sake ku Isaka,
10 Wa si qinisa ku Jakobe si be isimiso,
Na ku Israeli si be isivumelwano esimiyo njalo,
11 E ti, Ngi ya kukunika izwe la kwa Kanan,
Isiqepu esi ifa lenu;
12 Lapo be se abantu aba ingcozana ngomumo,
Yebo, ba be ingcozana kakulu, ba be te gozololo kulo.
13 Ba hambahamba ezizweni ngezizwe,
Ba suka embusweni omunye ba ya kwabanye abantu.
14 Ka vumelanga muntu ukubapata ngokahlo;
Yebo, wa sola amakosi ngenxa yabo,
15 E ti, Ni nga tinti abagcotshiweyo bami,
Ni nga b'enzeli okubi abaprofeti bami.
16 Wa bizela ezweni indhlala;
Wa lwapula udondolo lonke olu isinkwa.
17 Wa tuma umuntu pambili kwabo;
UJosefa wa tengiswa a be isigqili:
18 Ba limaza izinyawo zake ngezibopo:
Wa fakwa emaketangweni ensimbi,
19 Sa za sa fika isikati sokwenzeka kwezwi lake,
Inkulumo ka Jehova ya m vivinya.
20 Inkosi ya tuma ya m tukulula;
Yebo, umbusi wabantu, wa m kulula.
21 Wa m enza inkosi yendhlu yake,
Umbusi wayo yonke imfuyo yake;
22 Ukubopa izikulu zake njengokutanda kwake,
A hlakanipise amalunga ake.
23 UIsraeli naye wa fika Egipite;
UJakobe wa ti gozololo ezweni la kwa Ham.
24 W'andisa abantu bake kakulu,
Wa b'enza ba be namandhla kunabayimpi kubo.
25 Wa pendula inhliziyo yabo ukuba ba zonde abantu bake,
Ba pate izinceku zake ngobuqili.
26 Wa tuma uMoses inceku yake,
NoAron amketileyo.
27 Ba beka pakati kwabo izindaba zezibonakaliso zake,
Nezimangaliso ezweni la kwa Ham.
28 Wa tumela ubumnyama, w'enza kwa ba mnyama;
Noka ba hlubuka emazwini ake.
29 Wa pendula amanzi abo a ba igazi,
Wa bulala izinhlanzi zabo.
30 Izwe labo la petuza izingxangxa
Emakamelweni amakosi abo.
31 Wa kuluma, kwa fika izibau,
Nezintwala pakati kwemikaulo yonke yabo.
32 Wa ba nika isicoto sa ba imvula yabo,
Nomlilo olanguzayo ezweni labo.
33 Wa shaya nemivini yabo nemikiwane yabo,
W'apula imiti yemikaulo yabo.
34 Wa kuluma, kwa fika isikonyana,
Nenkasa e nge na kubalwa,
35 Kwa dhla imishana yonke ezweni labo,
Kwa dhla nesitelo somhlabati wabo.
36 Wa bulala namazibulo onke ezweni labo,
Ukuqala kwamandhla onke abo.
37 Wa ba kipa be nesiliva negolide;
A ku bangako oxegezelayo ezizweni zake.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

38 La tokoza iGipite ekupumeni kwabo;
Ngokuba be behlelwe uvalo ngabo.
39 W'eneka ifu, la ba sitibeza,
Nomlilo wokubakanyisela ebusuku.
40 Ba cela, wa leta izigwaca,
Wa ba sutisa ngesinkwa sezulu.
41 Wa vula itshe, kwa mpompoza amanzi;
A gijima ezingwaduleni njengomfula.
42 Ngokuba wa kumbula izwi lake elingcwele,
NoAbraham inceku yake.
43 Wa kipa abantu bake ngokujabula,
Abaketiweyo bake ngokwenanela.
44 Wa ba nika amazwe ezizwe;
Ba dhla isitukutuku sabantu:
45 Ukuze ba gcine izimiso zake,
Ba londe imiteto yake.
Dumisani uJehova.

Ukuhlubuka ku ka Israeli nokwopulwa kwake uJehova.

106 Dumisani uJehova.
Bongani uJehova; ngokuba u mnene;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini.
2 Ubani o nga sho izenzo zobuqwaga zi ka Jehova?
Ubani o ng'ezwakalisa indumiso yonke yake?
3 Ba busisiwe aba gcina umoya wokwahlulela,
Naye o wenza okulungileyo ngezikati zonke.
4 Ngi kumbule, Jehova, ngesisa o naso ku bantu bako;
Ma u ngi hambe ngosindiso lwako,
5 Ukuze ngi bone inhlanhla yabaketiweyo bako,
Ukuze ngi tokoze ngentokozo yesizwe sako,
Ngi dumise kanye nefa lako.

6 S'onile tina na obaba,
S'enzile okubi, sa shinga.
7 Obaba a ba qondanga imimangaliso yako Egipite;
A ba kumbulanga ukuvama kwesihau sako,
Kodwa ba hlubuka elwandhle, yebo, eLwandhle oluBomvu.
8 Noko wa ba sindisa ngenxa yegama lake,
Ukuze a b'azise ubuqwaga bake.
9 Futi wa kuza uLwandhle oluBomvu, lwa sha:
Wa ba hambisa pakati kwa ototololo njenga sehlane.
10 Wa ba sindisa esandhleni sobazondayo,
Wa ba hlenga esandhleni sesita.
11 Amanzi a sibekela abayimpi kubo;
A ku salanga noyedwa kubo.
12 Ba se be kolwa amazwi ake;
Ba hlabelela indumiso yake.
13 Ba shesha ba kohlwa imisebenzi yake;
Ka ba hlalelanga isiluleko sake,
14 Kepa ba fisa nokufisa ehlane,
Ba m linga uNkulunkulu kwa hlongasibi.
15 Wa ba nika abakucelayo,
Kepa wa tuma ukwonda emipefumulweni yabo.
16 Ba m fela umona uMoses ekamu,
NoAron ongcwele ka Jehova.
17 Umhlaba wa vuleka, wa m gwinya uDatan,
Wa gqiba ibandhla li ka Abiram.
18 Umlilo wa tungeleka ebandhleni labo;
Ilangabi la shisa amashinga.
19 B'enza inkonyana eHorebe,
Ba kuleka esitombeni esibunjiweyo.
20 Kwa ba njalo udumo lwabo ba lu pendula,
Lwa ba umfanekiso wenkomo e dhla utshani.
21 Ba m kohlwa uNkulunkulu umsindisi wabo,
O be enze izinto ezinkulu Egipite,
22 Imimangaliso ezweni la kwa Ham,
Nezinto ezesabekayo nga soLwandhle oluBomvu.
23 Ngako wa ti u za kubashabalalisa,
Uma uMoses oketiweyo wake wa be e ng'emanga pambi kwake esikaleni,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukubuyisa ukufuteka kwake funa
a ba bubise.
24 Yebo, ba delela izwe elinxanele-
kayo,
A ba kolwanga izwi lake,
25 Kepa ba konona ematenteni abo,
A ba lalelanga izwi li ka Jehova.
26 Ngako wa pakamisa isandhla sa-
ke ngabo,
Ukuti u zo ba wisa ehlane,
27 A wise nenzalo yabo ezizweni,
A ba hlakaze emazweni.
28 Ba zihlanganisa noBale-pehore,
Ba dhla okwa hlatshelwa aba-
fileyo.
29 Ba m cunula ngezenzo zabo;
Isifo sa qamuka pakati kwabo.
30 Wa s'ema uFinehasi, wa lamula;
Kwa nqamuka isifo.
31 Kwa balelwa kuye ukuti ku ngu-
kulunga,
Esizukulwaneni ngesizukulwane
ku ze ku be nini.
32 Ba m tukutelisa futi emanzini a
seMeriba,
Wa ze wehlelwa okubi uMoses
ngenxa yabo;
33 Ngokuba ba hlubuka umoya
wake,
Wa pahluka ngomlomo wake.
34 A ba zi shabalalisanga izizwe,
Njengakushoyo kubo uJehova,
35 Kepa ba xubana nezizwe,
Ba funda imisebenzi yazo,
36 Ba konza izitombe zazo,
Eza ba isihibe kubo.
37 Yebo, amadodana abo namado-
dakazi abo ba wa hlabela
amademone,
38 Ba palaza igazi eli msulwa,
Igazi lamadodana abo nelama-
dodakazi abo,
Aba wa hlabela izitombe za kwa
Kanan;
Izwe la nukubezwa ngegazi.
39 Njalo ba ngcoliswa ngemisebenzi
yabo,
Ba feba ngezenzo zabo.
40 Ngako ulaka lu ka Jehova lwa
vuta nga ku bantu bake,
Wa nengwa ifa lake.
41 Wa ba nikeza esandhleni sezizwe;
Bona ababazondayo ba ba busa.
42 Futi izita zabo za ba bandezela,
Ba vovwa pansi kwesandhla sazo.
43 Izikati eziningi wa b'opula;
Kepa ba hlubuka ngecebo labo,
Ba fojiswa ebubini babo.
44 Noko, wa ba bheka be nosizi,
E se zwile ukumbongoza kwabo:
45 Wa kumbula ngenxa yabo isi-
vumelwano sake,
Wa zisola njengokuvama kwesi-
hau sake.
46 W'enza ukuba labo ababatumba-
yo
Ba be nesihe kubo.

47 Si sindise, Jehova, Nkulunkulu
wetu,
U si qoqe ezizweni,
Ukuze si bonge igama lako eli-
ngcwele,
Si zigabise ngodumo lwako.

48 Ma ka bongwe uJehova, uNku-
lunkulu ka Israeli,
Ku suka pakade ku ze ku be nini.
Abantu bonke ma ba ti, Amen.
Dumisani uJehova.

INCWADI V

UJehova wopula abantu ezinkatazweni ezininga.

107 Bongani uJehova; ngokuba
u mnene;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze
ku be nini.
2 Ma ba sho njalo abahlengiweyo
ba ka Jehova,
Abahlengileyo esandhleni soyi-
mpi,
3 Wa ba buta emazweni,
Empumalanga na sentshonala-
nga,
Na senyakato na seningizimu.

4 Ba zula ehlane endhleleni ya
kwa hlongasibi;
A ba fumananga umuzi woku-
hlala.
5 Be lambile, b'omile,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umpefumulo wabo wa ti dica pakati kwabo.
6 Ba se be kala ku Jehova be lusizi,
Wa b'opula ekuxinekeni kwabo,
7 Wa ba hambisa ngendhlela e te ntse,
Ba ye emzini wokuhlala.
8 Sengati a nga bongwa uJehova ngesihau sake,
Na ngemimangaliso yake a y'enzela abantwana babantu!
9 Ngokuba u ya sutisa umpefumulo o nomnkamunkamu,
Nompefumulo olambileyo u ya wu gewalisa ngokuhle.

10 Aba hlezi ebumnyameni na setunzini lokufa,
Be boshiwe ekuhlupekeni na sensimbini,
11 Ngokuba ba hlubuka emazwini ka Nkulunkulu,
Ba delela isiluleko soPezu Konke:
12 Yenake wa vova inhliziyo yabo ngokukandhleka;
Ba kubeka, ku ngeko osizayo.
13 Ba se be kala ku Jehova be lusizi,
Wa ba sindisa ekuxinekeni kwabo.
14 Wa ba kipa ebumnyameni na setunzini lokufa,
Wa gqabula izibopo zabo.
15 Sengati a nga bongwa uJehova ngesihau sake,
Na ngemimangaliso yake a y'enzela abantwana babantu!
16 Ngokuba wapulile amasango etusi,
Wa nquma imivalo yensimbi.

17 Izipukupuku ngenxa yezipambuko zazo,
Na ngenxa yamacala azo, zi hlupekile.
18 Umpefumulo wazo u nengwa ukudhla konke;
Zi sondela emasangweni okufa.
19 Be se zi kala ku Jehova zi lusizi,
U ya zi sindisa ekuxinekeni kwazo.
20 U ya tuma izwi lake, a zi pilise,
A zi hlangulise ekubujisweni kwazo.
21 Sengati a nga bongwa uJehova ngesihau sake,
Na ngemimangaliso yake a y'enzela abantwana babantu!
22 Ma ba nikele imihlatshelo yokubonga,
Ba balise ngemisebenzi yake ngokwenanela.

23 Bona ab'eukela olwandhle emikunjini,
Ab'enza umsebenzi emanzini amakulu;
24 Laba ba bona imisebenzi ka Jehova,
Nemimangaliso yake ekujuleni.
25 Ngokuba u ya sho a vuse umoya wesipepo,
O pakamisa amaza alo.
26 Ba y'enyukela ezulwini, b'ehlele kwa totololo:
Umpefumulo wabo u ya shekezela ngenxa yobubi obubafikeleyo.
27 Ba badazela, ba tengezela njengodakiweyo,
Ba pelelwa amasu.
28 Be se be kala ku Jehova be lusizi,
U ya ba kipa ekuxinekeni kwabo.
29 U ya si tulisa isipepo,
Amaza a ti cwanta.
30 Be se be tokoza ngokuba a te kwatalala;
U ya ba holela etekwini abalenameleyo.
31 Sengati a nga bongwa uJehova ngesihau sake,
Na ngemimangaliso yake a y'enzela abantwana babantu!
32 Ma ba m pakamise embutanweni wabantu,
Ba m dumise enkundhleni yamalunga.

33 U y'enza imifula i be ihlane,
Nemitombo yamanzi i be isigagadu;
34 Umhlabati ovundileyo u be izwe li ka saoti,
Ngenxa yobubi babakileyo kuwo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

35 Wenza ihlane li be isiziba samanzi;
Nezwe eli ugwadule li be imitombo yamanzi.
36 U b'akisa kona abalambileyo,
Ukuba ba lungise umuzi wokuhlala,
37 Ba hlwanyele amasimu, ba tshale izivini,
Ezi ya kubatelela ukudhla.
38 U ya ba busisa futi, ukuze b'ande kakulu;
A ka ncipisi izinkomo zabo.
39 Ba buya, ba ncipe ba fole
Ngokubandezelwa, nokubi, nosizi.
40 U ya tela pezu kwezikulu ukweyiswa,
A zi zulise kwa hlongasibi, lapo ku ngeko ndhlela.
41 Noko u ya pakamisa impabanga ekuhlupekeni,
A y'enzele imindeni njengomhlambi.
42 Abaqoto ba ya kubona loku ba tokoze;
Ukungalungi konke ko vala umlomo wako.
43 Lowo ohlakanipileyo u ya kuqapela lezi zinto;
A qonde isihau si ka Jehova.

Ku bongwa uNkulunkulu a nxuswe ukuba a nqobise.

Ingoma, ihubo li ka Davida.

108 Nkulunkulu, inhliziyo yami i zinzile;
Ngi ya kuhlabelela, yebo, ngi ya kuhuba, mina nodumo lwami.
2 Vuka lugubu, nawe nkoka:
Nami ngi ya kuvuka ngovivi lokusa.
3 Ngo ku bonga pakati kwabantu, Jehova;
Ngi ku hubele pakati kwezizwe;
4 Ngokuba isihau sako sikulu ngapezu kwezulu;
Neqiniso lako li finyelela esibakabakeni.
5 Ma u pakame pezu kwezulu, Nkulunkulu,
Nobukosi bako pezu kwomhlaba wonke.
6 Ukuze izitandwa zako zi kululwe,
Sindisa ngesandhla sako sokunene, ngi pendule.
7 UNkulunkulu u kulumile ebungcweleni bake wa ti: ngi ya kwetaba;
Ngi ya kwaba iShekem, ngi linganise isigodi sa seSukoti.
8 Owami uGiliyadi; owami uManase;
UEfrayim u inqaba yekanda lami;
UJuda u intonga yami yobukusi.
9 UMoabe u imbiza yami yokugeza;
Ngi ya kuponsa pezu ku ka Edom isicatulo sami;
Ngi hlokome pezu kweFilistiya.
10 Ubani o ya kungiyisa emzini obiyelweyo?
Ubani owangiholayo ukuya kwa Edom?
11 Angiti wena Nkulunkulu u si lahlile na?
A u pumi nezimpi zetu, Nkulunkulu.
12 Ma u si size koyimpi;
Ngokuba lu ize usindiso lomuntu.
13 NgoNkulunkulu si ya kwenza ngobuqawe:
Ngokuba uyena o ya kunyatela pansi abayimpi kiti.

Ku nxuswa uNkulunkulu ukuba a pindise kwabayimpi.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. Ihubo li ka Davida.

109 Nkulunkulu wokudumisa kwami, u nga tuli;
2 Ngokuba ba ngi kamisela umlomo wokushinga nomlomo wenkohliso:
Ba kuluma kimi ngolimi lwamanga.
3 Ba ngi zungeza ngamazwi enzondo,
Ba lwa nami ngeze.
4 Ngokubatanda kwami ba ngabayimpi kimi:
Kepa mina ngi ya zinikela ekutandazeni.
5 Ba ngi vuza kokuhle ngobubi,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Notando lwami ngenzondo.
6 Misa ishinga pezu kwake;
Ma ku me ngakwesokunene sake oyimpi.
7 Ekwahlulelweni kwake ma ka lahlwe icala;
Umtandazo wake ma u penduke isono.
8 Izinsuku zake ma zi be ingcozana;
Isikundhla sake ma si tatwe omunye.
9 Abantwana bake ma ba be izinkedama,
Nomkake a be umfelokazi.
10 Abantwana bake ma ba be izinzulane, ba panze;
Ba nxibe kude nezwekufa la kubo.
11 Umtsheleki ohanyayo ma ka cupe konke a nako;
Abafokazi ma ba pange isitukutuku sake.
12 Ma ku nga biko o m enzela isihau;
Ma ku nga biko no nomusa kuzo izinkedama zake.
13 Uzalo lwake ma lu nqunywe;
Esizukulwaneni esilandelayo ma li hlangulwe igama lalo.
14 Ububi ba oyise ma bu kunjulwe nguJehova;
Isono si ka nina ma si nga hlangulwa.
15 Ma ba be pambi ku ka Jehova njalonjalo,
Ukuze a nqume ukukunjulwa kwabo emhlabeni;
16 Ngenxa yokuba a ka kumbulanga ukwenza isihau,
Kepa wa zingela umuntu ompofu no impabanga,
Nodabukileyo ngenhliziyo, ukuba a ba bulale.
17 Yebo, wa tanda ukuqalekisa, kwa m fikela;
Wa e ng'enameli ukubusisa, ngakoke kwa ba kude naye.
18 W'ambata ukuqalekisa njengengubo yake,
Kwa ngena emibilinini yake njengamanzi,
Na sematanjeni ake njengamafuta.
19 Ma ku be njengengubo kuye a zimboza ngayo,
Nesibamba asibincayo njalonjalo.
20 Loku ku inkokelo yabayimpi kimi e vela ku Jehova,
Naba kuluma okubi ngompefumulo wami.
21 Kepa wena, Jehova Nkosi yami, yenza kimi ngenxa yegama lako:
Ngokuba isihau sako si lungile, ma u ng'opule;
22 Ngokuba ngi mpofu ngi impabanga,
Futi inhliziyo yami i kutshaziwe pakati kwami.
23 Ngi mukile njengomtunzi owelulekayo:
Ngi tuntutekile njengesikonyane.
24 Amadolo ami a ya xega ngokuzila ukudhla;
Inyama yami i puta ukunona.
25 Se ngi isihlamba kubo:
Uma be ngi bona ba nqakuza amakanda abo.
26 Ngi size, Jehova Nkulunkulu wami;
Ngi sindise ngokwesihau sako:
27 Ukuze b'azi ukuba loku ku isandhla sako;
Ukuba wena, Jehova, u kwenzile.
28 Ma ba qalekise bona, u busise wena:
Nxa be vuka ba ya kujaba,
Kepa i ya kutokoza inceku yako.
29 Abayimpi kimi ma b'ambate ihlazo,
Ba zimboze ngokujaba kwabo njengengubo.
30 Ngi ya kubonga uJehova kakulu ngomlomo wami;
Yebo, ngi ya kumdumisa pakati kwesixuku.
31 Ngokuba u ya kuma nga kwesokunene sempabanga,
Ukuyisindisa kubo abahlulela umpefumulo wayo.

UJehova u nika inkosi ukubusa.

Ihubo li ka Davida.

110 Wa ti uJehova eNkosini yami, Hlala ngakwesokunene sami,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ngi ze ng'enze izita zako zi be isenabelo sezinyawo zako.
2 UJehova u ya kutuma intonga yamandhla ako i vela eZiyon:
Busa wena pakati kwezita zako.
3 Abantu bako ba zinikela ngesihle
Ngosuku lokupuma kwako impi, be hlobe okungcwele:
Esizalweni sokusa
Wena u nawo amazolo abalisa bako.
4 UJehova u fungile, ka yi kuzisola wa ti:
U ngumpristi ku ze ku be nini
Ngokokuma ku ka Melkizedeki.
5 INkosi ngakwesokunene sako
I ya kudebeza amakosi ngosuku lolaka lwayo.
6 I ya kuteta icala pakati kwezizwe,
I gcwalise izindawo ngezidumbu;
I debeze amakanda emazweni amaningi.
7 I ya kupuza emfulaneni o sendhleleni:
Ngako yo pakamisa ikanda.

Ku bongwa uJehova ngobunene bake.

111 Dumisani uJehova.
Ngi ya kubonga uJehova ngenhliziyo yami yonke,
Empakatini wabaqoto, na senhlanganweni.
2 Imisebenzi ka Jehova mikulu,
I funwa ibo bonke abayenamelayo.
3 Umsebenzi wake ngukutuseka nobukosi;
Ukulunga kwake ku mi ku ze ku be nini.
4 Wenze ukuba i kunjulwe imimangaliso yake:
UJehova u nomusa nesihe.
5 U ba nikile ukudhla abamesabayo:
U ya kukumbula isivumelwano sake ku ze ku be nini.
6 U vezile ku bantu bake amandhla emisebenzi yake,
Ngokubanika ifa lezizwe.
7 Imisebenzi yezandhla zake i iqiniso nokwahlulela;
Zonke iziyalezelo zake zi qinisekile.
8 Zi simeme ku ze ku be nini na nini;
Z'enziwe ngeqiniso na ngoku te ntse.
9 Wa tuma wa hlenga abantu bake;
U misile isivumelwano sake ku ze ku be nini:
Li ngcwele li y'esabeka igama lake.
10 Ukumesaba uJehova ku ngukuqala kwokuhlakanipa;
Ba nokuqonda okuhle bonke aba y'enza imiyalo yake:
Indumiso yake i mi ku ze ku be nini.

Inhlanhla ya lowo owesaba uJehova.

112 Dumisani uJehova.
U busisiwe umuntu owesaba uJehova,
O wenamela kakulu imiyalo yake.
2 Inzalo yake i ya kuba nobuqwaga emhlabeni:
Isizukulwane sabaqoto si busiswe.
3 Ukunota nengcebo ku sendhlini yake;
Ukulunga kwake ku mi ku ze ku be nini.
4 Kwabaqoto ku pumela ukukanya ebumnyameni:
U nomusa, u nesihe, u lungile.
5 U nenhlalakahle lo muntu o nomusa, e tsheleka;
U ya kumela indaba yake ngomoya wokwahlulela.
6 Ngoba a soze a nyakaziswa;
Olungileyo u ya kukunjulwa ku ze ku be nini.
7 A ka yi kwesaba ngemibiko emibi:
Inhliziyo yake i qinisekile, i temba ku Jehova.
8 Inhliziyo yake i simeme, a ka yi kwesaba,
A ze a bone akufisayo pezu kwabayimpi kuye.
9 U hlapazile, wa pa izimpabanga;
Ukulunga kwake ku mi ku ze ku be nini:
Upondo lwake lu ya kupakama ngodumo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

10 Ishinga li ya kukubona, li cunuke;
Lo gedhla imihlati, li nyibe:
Ukufisa kwamashinga ku ya kububa.

Ku bongwa uJehova ngokupakamisa kwake abatobileyo.

113 Dumisani uJehova.
Dumisani nina zinceku zi ka Jehova,
Dumisani igama li ka Jehova.
2 Ma li bongwe igama li ka Jehova
Ku suka ku lesi sikati ku ze ku be nini.
3 Ku suka empumalanga ku ze ku be sentshonalanga
Ma li dunyiswe igama li ka Jehova.
4 UJehova u pakeme ngapezu kwezizwe zonke,
Ubukosi bake ngapezu kwezulu.
5 Ubani o njengoJehova uNkulunkulu wetu,
O sihlalo sake si pezulu,
6 Ozitobayo ukubona
Oku sezulwini noku semhlabeni?
7 U ya vusa ompofu otulini,
A pakamise impabanga ezaleni;
8 Ukuba a m hlalise nezikulu,
Izikulu zabantu bake.
9 U ya hlalisa owesifazana o inyumba endhlini,
A be unina wabantwana, a tokoze.
Dumisani uJehova.

Ukukululwa ku ka Israeli nguNkulunkulu Egipite.

114 Ekupumeni ku ka Israeli Egipite,
Indhlu ka Jakobe ku bantu abakwitizayo;
2 UJuda wa ba indhlu yake engcwele,
UIsraeli wa ba ngumbuso wake.
3 Ulwandhle lwa bona lwa baleka;
IJordan la buyiselwa emva.
4 Izintaba za ngqabashiya njengezinqama,
Amagqumana njengezimvana.
5 Wena lulwandhle u nani, ukuba u ze u baleke?
Nawe Jordan ukuba u buyele emuva?
6 Nina zintaba ukuba ni ze ni ngqabashiye njengezinqama na?
Nina magqumana njengezimvana na?
7 Mhlaba, tutumela pambi kweNkosi,
Pambi ku ka Nkulunkulu ka Jakobe,
8 Owa pendula itshe li be isiziba samanzi,
Nensengetshe i be umtombo wamanzi.

Izitombe zabezizwe zi qataniswa noJehova.

115 A ku nga bi yitina, Jehova, a ku nga bi yitina,
A ku be igama lako elidunyiswayo,
Ngenxa yesihau sako, na ngenxa yeqiniso lako.
2 Izizwe zi ya kusholoni ukuti,
Upi po uNkulunkulu wabo?
3 Kepa uNkulunkulu wetu u sezulwini:
Wenzile konke akwenameleyo.
4 Izitombe zabo zi isiliva negolide,
Umsebenzi wezandhla zabantu.
5 Zi nemilomo, a zi kulumi;
Zi namehlo, a zi boni;
6 Zi nezindhlebe, a zi zwa;
Zi nezimpumulo, a zi hogeli;
7 Zi nezandhla, a zi pati;
Zi nezinyawo, a zi hambi;
A zi vungami ngompimbo wazo.
8 Abazenzayo ba ya kufana nazo;
Yebo, nabo bonke aba temba kuzo.
9 Israeli, temba wena ku Jehova:
Yena u ngumsizi wabo nesihlangu sabo.
10 Nina ndhlu ka Aron, tembani ku Jehova:
Yena u ngumsizi wabo nesihlangu sabo.
11 Nina en'esaba uJehova tembani ku Jehova:
Yena u ngumsizi wabo nesihlangu sabo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

12 UJehova u si kumbulile; u ya kusibusisa:
U ya kubusisa indhlu ka Israeli:
U ya kubusisa indhlu ka Aron.
13 U ya kubabusisa abamesabayo uJehova,
Abancane nabakulu.
14 UJehova ma k'engeze kinina njalo,
Kinina, na ku bantwana benu.
15 Ni busisiwe uJehova,
Ow'enza izulu nomhlaba.
16 Izulu li izulu li ka Jehova;
Kepa umhlaba u wu nike abantwana babantu.
17 Abafileyo a ba m dumisi uJehova,
Nabo abashonayo ekutuleni;
18 Kepa tina si ya kubonga uJehova
Ku suka ku lesi sikati ku ze ku be nini.
Dumisani uJehova.

Ukubonga ukwopulwa ekufeni.

116 Ngi ya m tanda uJehova, ngokuba u y'ezwa
Izwi lami nokunxusa kwami.
2 Ngokuba u tobisele indhlebe yake kimi,
Ngako ngi ya kumbiza ezinsukwini zonke zokuhlala kwami.
3 Izintambo zokufa za ngi zongolozela,
Ukuxina kweSheoli kwa ngi fumanisa:
Nga fumana inkatazo nosizi.
4 Nga se ngi teta igama li ka Jehova:
Nga ti, E, Jehova, ma u hlangulise umpefumulo wami.
5 U nomusa uJehova, u lungile;
Yebo, uNkulunkulu wetu u nesihe.
6 UJehova u ya gcina imipupe:
Nga ngi inkengane, wa ngi sindisa.
7 Mpefumulo wami, buyela ekupumuleni kwako;
Ngokuba uJehova u ku vuze kakulu.
8 Ngokuba wena u kululile umpefumulo wami ekufeni,
Amehlo ami ezinyembezini,
Nezinyawo zami ekubalakaxekeni.
9 Ngi ya kuhamba pambi ku ka Jehova
Ezweni labapilayo.
10 Nga ngi kolwa, nokuba ngi ti:
Ngi ya hlupeka kakulu:
11 Nga ti ekumpampeni kwami,
Bonke abantu ba namanga.
12 Ngi ya kubuyiselani ku Jehova
Ngako konke ukungipata kahle kwake?
13 Ngi ya kutata indebe yosindiso,
Ngi tete igama li ka Jehova.
14 Ngi ya kufeza izitembiso zami ku Jehova,
Yebo, ngapambi kwabo bonke abantu bake.
15 Ku igugu emehlweni ka Jehova
Ukufa kwabangcwele bake.
16 Jehova, impela ngi inceku yako:
Ngi inceku yako, indodana yencekukazi yako:
U kumulile izibopo zami.
17 Ngo nikela kuwe umhlatshelo wokubonga,
Ngi tete igama li ka Jehova.
18 Ngi ya kufeza izitembiso zami ku Jehova,
Yebo, ngapambi kwabo bonke abantu bake,
19 Emagcekeni endhlu ka Jehova,
Pakati kwako, Jerusalem.
Dumisani uJehova.

Ihubo lokudumisa.

117 Dumisani uJehova nonke nina zizwe;
M babazeni nina bantu nonke.
2 Ngokuba isihau sake si namandhla kitina;
Neqiniso li ka Jehova li mi ku ze ku be nini.
Dumisani uJehova.

Ukubonga ubunene bu ka Jehova obusindisayo.

118 Bongani uJehova; ngokuba u mnene;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini.
2 Ma ka ti ke uIsraeli,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Isihau sake si mi ku ze ku be nini.
3 Ma i ti ke indhlu ka Aron,
Isihau sake si mi ku ze ku be nini.
4 Abamesabayo uJehova ma ba ti,
Isihau sake si mi ku ze ku be nini.
5 Nga biza uJehova ngi sengcingweni:
UJehova wa ngi pendula wa ngi beka endaweni ebanzi.
6 UJehova u nga kimi; a ngi yi kwesaba:
Umuntu a ng'enzani kimi na?
7 UJehova u nga kimi u kubo abangisizayo:
Ngako ngi ya kubona engikufisayo pezu kwabangizondayo.
8 Kuhle ukupepela ku Jehova
Kunokutemba umuntu.
9 Kuhle ukupepela ku Jehova
Kunokutemba ezikulwini.
10 Izizwe zonke za ngi haqa:
Kepa ngi ya kuzinquma ngegama li ka Jehova.
11 Za ngi haqa; yebo, za ngi haqa:
Kepa ngi ya kuzinquma ngegama li ka Jehova.
12 Za ngi haqa njengezinyosi; zi ya cinywa njengomlilo wameva:
Kepa ngi ya kuzinquma ngegama li ka Jehova.
13 U ngi hlohloloze kabi ukuba ngi we;
Kepa uJehova wa ngi siza.
14 UJehova u ngamandhla ami nehubo lami;
U se ukusindiswa kwami.
15 Izwi lokwenanela nelokusindiswa li sematenteni abalungileyo:
Isandhla sokunene si ka Jehova s'enza ngobuqawe.
16 Isandhla sokunene si ka Jehova si pakeme:
Isandhla sokunene si ka Jehova s'enza ngobuqawe.
17 A ngi yi kufa, ngi ya kupila,
Ngi balise ngemisebenzi ka Jehova.
18 UJehova u ngi laye nokungilaya;
Kepa a ka ngi nikelanga ekufeni.
19 Ngi vulele amasango okulunga:
Ngo ngena kuwo, ngi bonge uJehova.
20 Yileli isango li ka Jehova;
Abalungileyo ba ya kungena kulo.
21 Ngo ku bonga; ngokuba u ngi pendulile,
U su ukusindiswa kwami.
22 Itshe abalinqabayo abaki
Se li inhloko yegumbi.
23 Loku ku vela ku Jehova;
Ku ummangaliso emehlweni etu.
24 Yilolu usuku alwenzileyo uJehova;
Si ya kwetaba si tokoze ngalo.
25 E Jehova, ma u si sindise pela:
E Jehova, ma u si hlanhlazelise.
26 U busisiwe yena ozayo egameni li ka Jehova:
Tina si ni busisile si sendhlini ka Jehova.
27 UJehova u nguNkulunkulu, u si kanyisile:
Bopani umhlatshelo ngamagoda na sezimpondweni zelati.
28 Wena u nguNkulunkulu wami, ngi ya kukubonga:
Wena u nguNkulunkulu wami, ngi ya kukupakamisa.
29 Bongani uJehova; ngokuba u mnene;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini.

Izizindhlo nemitandazo mayelana nomteto ka Nkulunkulu.

ALEPH.

119 Ba busisiwe abandhlela yabo i pelele,
Aba hamba emtetweni ka Jehova.
2 Ba busisiwe aba londa izifakazo zake,
Aba m funa ngenhliziyo yonke.
3 Yebo, ka ba kwenzi okungalungile;
Ba hamba ezindhleleni zake.
4 Wena u si yalele iziyalezelo zako,
Ukuba si zi gcine kakulu.
5 Kwa nga zi nga qiniswa izindhlela zami
Ukuba ngi gcine izimiso zako!
6 Konake a ngi yi kujaba,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Nxa ngi nakekele imiyalo yonke yako.
7 Ngi ya kukubonga ngobuqoto benhliziyo,
Uma ngi funda izahlulelo zako ezilungileyo.
8 Ngi ya kugcina izimiso zako:
Ma u nga ngi shiyi nya.

BETH.

9 Insizwa i nga hlanza kanjani uhambo lwayo na?
Ngokuyiqapela ngokwezwi lako.
10 Ngi ku funile ngenhliziyo yonke yami:
Ma ngi ng'eduki emiyalweni yako.
11 Izwi lako ngi li beke enhliziyweni yami,
Ukuze ngi ng'oni kuwe.
12 U busisiwe wena, Jehova:
Ngi fundise izimiso zako.
13 Ngi balisile ngezindebe zomlomo wami
Onke amasiko omlomo wako.
14 Ngi jabulile endhleleni yezifakazo zako,
Njenga sekunoteni konke.
15 Ngi ya kuzindhla ngeziyalezelo zako,
Ngi nakekele izindhlela zako:
16 Ngi ya kwetaba ezimisweni zako:
A ngi yi kukohlwa izwi lako.

GIMEL.

17 Yi pate kahle inceku yako, ngi ze ngi pile;
Yikona ngi ya kugcina izwi lako.
18 Vula amehlo ami, ukuba ngi bone
Izinto ezimangalisayo emtetweni wako.
19 Ngi ngote gozololo emhlabeni:
Ma u nga sitelisi kimi imiyalo yako.
20 Umpefumulo wami u yapuka ngokululukela kwawo
Amasiko ako ngezikati zonke.
21 Wena u kuzile abaziqenyayo abaqalekisiweyo,
Ab'edukayo emiyalweni yako.
22 Susa kimi isihlamba nokweyiswa;
Ngokuba ngi londile izifakazo zako.
23 Izikulu futi za hlala za kuluma ngami;
Kepa inceku yako ya zindhla ngezimiso zako.
24 Izifakazo zako zi ukwetaba kwami,
Zi ngabaluleki bami.

DALETH.

25 Umpefumulo wami u namatele otulini:
Ngi pilise ngokwezwi lako.
26 Ngi balisile ngezindhlela zami, wena wa ngi pendula:
Ngi fundise izimiso zako.
27 Ngi qondise indhlela yeziyalezelo zako:
Ngi ya kuzindhla ngemimangaliso yako.
28 Umpefumulo wami u ya popoza ngosizi:
Ngi qinise ngokwezwi lako.
29 Susa kimi indhlela yamanga;
Ngi nike umteto wako ngomusa.
30 Ngi ketile indhlela yokwetembeka:
Ngi bekile pambi kwami amasiko ako.
31 Ngi namatele ezifakazweni zako:
E, Jehova, u nga ngi jabisi.
32 Ngi ya kugijima endhleleni yemiyalo yako,
Lapo wanula inhliziyo yami.

HE.

33 Jehova, ngi yalele indhlela yezimiso zako;
Ngi ya kuyilonda ku ze ku be sekupeleni.
34 Ngi qondise, ngi ya kulonda umteto wako;
Yebo, ngo wu gcina ngenhliziyo yonke yami.
35 Ngi hambise emgudwini wemiyalo yako;
Ngokuba ngi ya wenamela.
36 Tobisela inhliziyo yami ezifakazweni zako,
Ku nga bi sekuhulazeni.
37 Dhlulisa amehlo ami a nga boni oku ize,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U ngi pilise ezindhleleni zako.
38 Ma u qinise izwi lako encekwini yako,
Eli ngela labo abakwesabayo.
39 Dhlulisa isihlamba sami engisesabayo;
Ngokuba amasiko ako a lungile.
40 Bheka, ngi lulukele iziyalezelo zako:
Ngi pilise ngokulunga kwako.

VAV.

41 Ma si ze kimi isihau sako, Jehova,
Yebo, usindiso lwako, ngokwezwi lako.
42 Yikona ngi ya kumpendula o ngi capa ngenhlamba;
Ngokuba ngi y'etemba ezwini lako.
43 Ma u nga susi nya izwi leqiniso emlonyeni wami;
Ngokuba ngi tembele emasikweni ako.
44 Yikona ngi ya kugcina umteto wako njalonjalo
Ku ze ku be nini na nini.
45 Ngi ya kuhambahamba endaweni ebanzi;
Ngokuba ngi funile iziyalezelo zako.
46 Ngi ya kukuluma ngezifakazo zako pambi kwamakosi,
Ngi nga jabi.
47 Ngi ya kwetaba emiyalweni yako,
Engiyitandileyo.
48 Ngo pakamisa izandhla zami emiyalweni yako, engiyitandileyo;
Ngi zindhle ngezimiso zako.

ZAYIN.

49 Kumbula izwi lako encekwini yako,
Ngokuba wa ng'enza ukuba ngi tembe.
50 Yiloku ukududuzwa kwami ekuhlupekeni kwami;
Ngokuba izwi lako li ngi pilisile.
51 Abaziqenyayo ba ngi tekulela kakulu:
Kepa a ngi cezukanga emtetweni wako.
52 Ngi kumbulile amasiko ako a'sendulo, Jehova,
Nga ziduduza.
53 Ngi ngenwe isivutevute solaka,
Ngenxa yamashinga a shiya umteto wako.
54 Izimiso zako za zi amahubo ami
Endhlini engi te gozololo kuyo.
55 Ngi kumbulile igama lako, Jehova, ebusuku,
Nga gcina umteto wako.
56 Nga ngi na loku kududuzwa
Ngokuba nga londa iziyalezelo zako.

HHETH.

57 UJehova u isabelo sami:
Ngi te ngo gcina amazwi ako.
58 Ngi shweleze kuwe ngenhliziyo yonke yami:
Yiba nomusa kimi ngokwezwi lako.
59 Ngi zindhlile ngezindhlela zami,
Nga buyisela izinyawo zami ezifakazweni zako.
60 Nga shesha, a nga zindela,
Ukugcina imiyalo yako.
61 Izintambo zamashinga zi ngi tandele;
Kepa a ngi kohliwe umteto wako.
62 Ngi ya kuvuka pakati kwobusuku ukuba ngi ku bonge,
Ngenxa yamasiko ako alungileyo,
63 Ngi igxebe labo bonke abakwesabayo,
Naba gcina iziyalezelo zako.
64 Umhlaba u gcwele isihau sako, Jehova:
Ngi fundise izimiso zako.

TETH.

65 Wenzile okuhle encekwini yako, Jehova, ngokwezwi lako.
66 Ngi fundise ukuqika, nokwazi;
Ngokuba ngi kolwe emiyalweni yako.
67 Ngi nga ka hlushwa ng'eduka;
Kepa manje ngi ya gcina izwi lako.
68 Wena u lungile, wenza okulungileyo;
Ngi fundise izimiso zako.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

69 Abaziqenyayo ba ngi bixile ngamanga:
Kepa mina ngi ya kulonda iziyalezelo zako ngenhliziyo yonke.
70 Inhliziyo yabo i nonile njengamafuta;
Kepa mina ngi y'etaba ngomteto wako.
71 Kuhle kimi ukuba ngi ke nga hlushwa;
Ukuze ngi funde izimiso zako.
72 Umteto womlomo wako muhle kimi
Kunezinkulungwane zegolide nesiliva.

YODH.

73 Izandhla zako zi ng'enzile, za ngi bumba:
Ngi qondise, ukuze ngi funde imiyalo yako.
74 Abakwesabayo ba ya kungibona ba tokoze,
Ngokuba ngi tembele ezwini lako.
75 Ngi y'azi, Jehova, ukuba izahlulelo zako zi lungile,
Nokuba u ngi hlupile u tembekile.
76 Isihau sako ma si be isiduduzo sami,
Ngokwezwi lako encekwini yako.
77 Isihe sako ma si ze kimi, ukuze ngi pile;
Ngokuba umteto wako u ya ng'etabisa.
78 Abaziqenyayo ma ba jabe; ngokuba ba ngi qetulile ngamanga:
Kepa mina ngi ya kuzindhla ngeziyalezelo zako.
79 Abakwesabayo ma ba buyele kimi;
Nabazi izifakazo zako.
80 Inhliziyo yami ma i pelele ezimisweni zako,
Ukuze ngi nga jabi.

KAPH.

81 Umpefumulo wami u ya pela ukubheka usindiso lwako;
Kepa ng'etembela ezwini lako.
82 Amehlo ami a ya pela ukubheka izwi lako,
Ngi sa ti, U ya kungiduduza nini na?
83 Se ngi fana nemvaba emusini;
Noko a ngi kohliwe izimiso zako.
84 Izinsuku zenceku yako zi ngaki na?
U ya kubahlulela nini abangizingelayo na?
85 Abaziqenyayo ba ngi mbele amaveku,
Aba nga hambi ngokwomteto wako.
86 Yonke imiyalo yako i tembekile:
Ba ya ngi zingela ngamanga; ngi size.
87 Ba cish'ukungiqeda emhlabeni;
Kepa a ngi shiyanga iziyalezelo zako.
88 Ngi pilise ngesihau sako;
Yikona ngi ya kugcina isifakazo somlomo wako.

LAMEDH.

89 Ku ze ku be nini na nini, Jehova,
Izwi lako li misiwe ezulwini.
90 Ukwetembeka kwako ku sezizukulwaneni ngezizukulwane:
Wena u zinzisile umhlaba, u mi.
91 Ku se mi na namhla ngokwamasiko ako;
Ngokuba konke ku izinceku zako.
92 Uma umteto wako u be u nge siko ukwetaba kwami,
Nga be nga buba ekuhlupekeni kwami.
93 A ngi soze nga kohlwa iziyalezelo zako;
Ngokuba u ngi pilisile ngazo.
94 Ngi ngowako, ngi sindise;
Ngokuba ngi funile iziyalezelo zako.
95 Amashinga a ngi hlalele ukungibubisa;
Kepa ngi ya kuqonda izifakazo zako.
96 Ngi bonile umkaulo wokupelela konke;
Kepa umyalo wako u banzi kakulu.

MEM.

97 Hayi, ukutanda kwami umteto wako!
Ngi zindhla ngawo usuku lonke.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

98 Imiyalo yako i ya ngi hlakanipisa kunezita zami;
Ngokuba i kona kimi njalonjalo.
99 Ngi hlakanipile kunabangifundisayo bonke;
Ngokuba izifakazo zako yizona engi zindhla ngazo.
100 Ngi nokuqonda kunabadala,
Ngokuba ngi londile iziyalezelo zako.
101 Ngi tibele izinyawo zami kuzo zonke izindhlela ezimbi,
Ukuze ngi gcine izwi lako.
102 A ngi pambukanga emasikweni ako;
Ngokuba wena u ngi fundisile.
103 Hayi ukunambiteka kwamazwi ako olimini lwami!
Yebo, a mnandi kunezinyosi emlonyeni wami!
104 Ngi ya zuza ukuqonda ngeziyalezelo zako:
Ngakoke ngi ya zonda imihambo yonke yamanga.

NUN.

105 Izwi lako li isibani ezinyaweni zami,
Nokukanya endhleleni yami.
106 Ngi fungile, nga ku qinisa,
Ukuba ngi ya kugcina amasiko ako alungileyo.
107 Ngi hlupekile kakulu:
Ngi pilise, Jehova, ngokwezwi lako.
108 A ke wamkele, Jehova, iminikelo yesihle yomlomo wami,
U ngi fundise amasiko ako.
109 Umpefumulo wami u sesandhleni sami njalonjalo;
Noko a ngi kohlwa umteto wako.
110 Amashinga a ngi bekele ugibe;
Noko a ng'edukanga eziyalezelweni zako.
111 Ngi tatile izifakazo zako zi be ifa lami ku ze ku be nini;
Ngokuba zi injabuliso yenhliziyo yami.
112 Ngi bhekise inhliziyo yami ukwenza izimiso zako
Ku ze ku be nini na sekupeleni.

SAMEKH.

113 Ngi ya ba zonda abanhliziyombili;
Kepa ngi ya wu tanda umteto wako.
114 Wena u indawo yami yokucasha nesihlangu sami:
Ngi tembela ezwini lako.
115 Sukani kimi nina ab'enza okubi,
Ukuba ngi londe imiyalo ka Nkulunkulu wami.
116 Ngi simamise ngokwezwi lako, ukuze ngi pile;
Ma ngi nga jabi ngetemba lami.
117 Ngi pase, ngi ya kusinda,
Ngi nakekele izimiso zako njalonjalo.
118 U b'enze imbuqa bonke ab'eduka ezimisweni zako;
Ngokuba inkohliso yabo i ngamanga.
119 U w'enza a pele amashinga onke omhlaba njengenyela:
Ngako ngi ya zi tanda izifakazo zako.
120 Inyama yami i ya hlakanyeka ngovalo ngawe;
Ngi ya z'esaba izahlulelo zako.

AYIN.

121 Ng'enze ngokwahlulela na ngokulunga:
U nga ngi shiyi kubo aba ngi pata ngokahlo.
122 Ma u melele inceku yako, ku lunge:
Abaziqenyayo ma ba nga ngi pati ngokahlo.
123 Amehlo ami a ya pela ukubheka usindiso lwako,
Nezwi lako elilungileyo.
124 Yenza encekwini yako ngokwesihau sako,
U ngi fundise izimiso zako.
125 Mina ngi inceku yako; ngi qondise,
Ukuze ngi z'azi izifakazo zako.
126 Se ku isikati sokuba a sebenze, uJehova;
Ngokuba ba shafisile umteto wako.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

127 Ngako ngi ya yi tanda imiyalo yako
Ngapezu kwegolide, yebo, ngapezu kwegolide elihle.
128 Ngako ngi ti, zi te ntse iziyalezelo zonke zako ezintweni zonke;
Ngi ya zonda imihambo yonke yamanga.

PE.

129 Izifakazo zako zi imimangaliso;
Ngako umpefumulo wami u ya zi londa.
130 Ukupenya amazwi ako ku ya kanyisa;
Ku ya qondisa imipupe.
131 Nga kamisa umlomo wami, nga kefuzela;
Ngokuba nga lulukela imiyalo yako.
132 Pendukela kimi, u be nomusa kimi,
Njengokwenza kwako kwaba tanda igama lako.
133 Qinisa ukunyatela kwami ezwini lako;
Ma ku nga busi pezu kwami okubi neze.
134 Ngi hlenge okahlweni lwabantu:
Yikona ngo gcina iziyalezelo zako.
135 Kanyisa ubuso bako encekwini yako;
U ngi fundise izimiso zako.
136 Imifula yamanzi i y'ehla emehlweni ami,
Ngokuba be nga gcini umteto wako.

TSADHE.

137 U lungile wena, Jehova,
Nezahlulelo zako zi te ntse.
138 Izifakazo zako o yale ukuba zi be kona zi ukulunga
Zi ukwetembeka du.
139 Ukushiseka kwami ku ngi qedile,
Ngokuba abayimpi kimi ba kohliwe amazwi ako.
140 Izwi lako li cwebile kakulu;
Ngako inceku yako i ya li tanda.
141 Mina ngi mncane ngi delelekile;
Noko a ngi kohlwa iziyalezelo zako.
142 Ukulunga kwako ku ukulunga okumiyo ku ze ku be nini,
Umteto wako u iqiniso.
143 Usizi nokuxineka ku ngi fumene;
Noko imiyalo yako i ya ng'etabisa.
144 Izifakazo zako zi lungile ku ze ku be nini:
Ngi qondise, ngi ya kupila.

KOPH.

145 Ngi bizile ngenhliziyo yonke; ngi pendule, Jehova:
Ngi ya kulonda izimiso zako.
146 Ngi ku bizile; ngi sindise,
Ngi ya kugcina izifakazo zako.
147 Ng'andulela uvivi lokusa, nga kala:
Ng'etembela emazwini ako.
148 Amehlo ami a y'andulela imilindo yobusuku,
Ukuba ngi zindhle ngezwi lako.
149 Yizwa izwi lami ngokwesihau sako:
Ngi pilise, Jehova, ngokwamasiko ako.
150 Ba ya sondela aba landela amanyala;
Ba kude nomteto wako.
151 Wena u seduze, Jehova;
Yonke imiyalo yako i iqiniso.
152 Ku dala nga ng'azi ngezifakazo zako,
Ukuba u zi beke izisekelo ku ze ku be nini.

RESH.

153 Ma u bheke ukuhlupeka kwami, u ngi kulule;
Ngokuba a ngi kohlwa umteto wako.
154 Ma u melele indaba yami, u ngi hlenge:
Ngi pilise ngokwezwi lako.
155 Ukusindiswa ku kude namashinga;
Ngokuba a ka funi izimiso zako.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

156 Isihe sako sikulu, Jehova:
Ngi pilise ngokwamasiko ako.
157 Ba ningi abangizingelayo nabayimpi kimi;
Kepa a ngi cezukanga ezifakazweni zako.
158 Nga bona abambuluzayo, nga dikibala,
Ngokuba a ba gcini izwi lako.
159 Bheka ukuzitanda kwami iziyalezelo zako:
Ngi pilise, Jehova, ngokwesihau sako.
160 Indikimba yezwi lako i iqiniso;
Futi onke amasiko ako alungileyo emi ku ze ku be nini.

SHIN.

161 Izikulu zi ngi zingele ngeze;
Kepa inhliziyo yami i novalo ngamazwi ako.
162 Ngi ya jabula ngezwi lako,
Njengo fumene impango enkulu.
163 Ngi ya zonda, ngi nengwa amanga;
Kepa ngi ya wu tanda umteto wako.
164 Ngi ya ku dumisa kakombisa ngosuku,
Ngenxa yamasiko ako alungileyo.
165 Ba nokutula okukulu aba tanda umteto wako;
A kuko sikubekiso ku bona.
166 Jehova, ngi bheke usindiso lwako,
Ng'enze imiyalo yako.
167 Umpefumulo wami u gcine izifakazo zako;
Ngi ya zi tanda kakulu.
168 Ngi gcinile iziyalezelo zako nezifakazo zako;
Ngokuba izinhdlela zonke zami zi pambi kwako.

TAV.

169 Ukumbongoza kwami ma ku sondele pambi kwako, Jehova:
Ngi qondise ngokwezwi lako.
170 Ukunxusa kwami ma ku ze pambi kwako:
Ng'opule ngokwezwi lako.
171 Umlomo wami ma u temeleze ngezindumiso;
Ngoba u ya ngi fundisa izimiso zako.
172 Ulimi lwami ma lu hlabelele ngezwi lako;
Ngokuba imiyalo yonke yako i lungile.
173 Isandhla sako ma si be esokungisiza;
Ngokuba ngi kete iziyalezelo zako.
174 Ngi lulukele usindiso lwako, Jehova;
Umteto wako u ya ng'etabisa.
175 Umpefumulo wami ma u pile, u ya kukudumisa;
Amasiko ako ma ngi size.
176 Ng'edukile njengemvu elahlekileyo; funa inceku yako;
Ngokuba a ngi kohlwa imiyalo yako.

Umtandazo w'o cela ukwopulwa kwabambumbuluzayo.

Ingoma yokwenyuka.

120 Nga kala ku Jehova ngi lusizi,
Wa ngi pendula.
2 E Jehova, yopula umpefumulo wami emilonyeni yamanga,
Na solimini olukohlisayo.
3 U ya kunikwani? u ya kwelekelwa ngantoni?
Lulimindini lwenkohliso?
4 Imicibisholo ebukali yesiqwaga,
Namalahle onwele.
5 Maye mina, ngokuba ngi te gozololo eMesheki,
Ngi hlezi ematenteni a seKedare!
6 Umpefumulo wami u hleli kade
Naye o zonda ukutula.
7 Ngi ngowokutula mina:
Kepa uma ngi kuluma, bona baba impi.

UJehova e ngumgcini wabantu bake.

Ingoma yokwenyuka.

121 Ngo pakamisela amehlo ami ezintabeni:
Ukusizeka kwami ko velapi na?
2 Ukusizeka kwami ku vela ku Jehova,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ow'enza izulu nomhlaba.

3 Ka yi kuvuma ukuba unyawo lwako lu shelele:
Yena okugcinayo a ka yi kozela.
4 Bheka, yena o gcina uIsraeli
A ka yi kozela, a lale.
5 UJehova u ngumgcini wako:
UJehova u ngumtunzi wako esandhleni sako sokunene.
6 Ilanga a li yi kukushaya emini,
Nenyanga ebusuku.
7 UJehova wo ku gcina ebubini bonke;
Wo gcina umpefumulo wako.
8 UJehova wo gcina ukupuma kwako nokungena kwako
Ku suka ku lesi sikati ku ze ku be nini.

Ku tandazelwa ukutula kweJerusalem.

Ingoma yokwenyuka; e ka Davida.

122 Nga tokoza lapo be ti kimi,
Ma si ye endhlini ka Jehova.
2 Izinyawo zetu zi mi
Emasangweni ako, Jerusalem,
3 Wena, Jerusalem, owakiwe
Njengomuzi ohlangeneyo wa munye;
4 Lapo izizwe z'enyukela kona, izizwe zi ka Jehova,
Ku be ubufakazi ku Israeli,
Ukuba zi bonge igama li ka Jehova.
5 Ngoba ku miswe lapo izihlalo zokwahlulela,
Izihlalo zendhlu ka Davida.
6 Celelani iJerusalem ukutula:
Ba ya kucemezeka abakutandayo.
7 Ma ku be kona ukutula pakati kwezindonga zako,
Nokucemezeka ezinqabeni zako.
8 Ngenxa yabafo wetu nabangane bami
Ngi ya kuti manje, Ma ku be kona ukutula kuwe.
9 Ngenxa yendhlu ka Jehova uNkulunkulu wetu
Ngo ku funela okuhle.

Umtandazo w'o netemba lokusizwa uJehova.

Ingoma yokwenyuka.

123 Amehlo ami ngi ya wa pakamisela kuwe,
Wena o hlezi ezulwini.
2 Bheka, njengamehlo ezigqili e bheka isandhla senkosi yazo,
Na njengamehlo esigqilikazi e bheka isandhla senkosikazi yaso;
Ku njalo amehlo etu a bheka uJehova uNkulunkulu wetu,
A ze a be nomusa kiti.
3 Yiba nomusa kiti, Jehova, yiba nomusa kiti;
Ngokuba si gcwele kakulu ukweyiswa.
4 Umpefumulo wetu u gcwele kakulu
Usulu lwabo abatabayayo,
Nokweyisa kwabazidhlayo.

Ku bongwa ukusindiswa eziteni.

Ingoma yokwenyuka; e ka Davida.

124 Uma be ku nge siye uJehova o be nga kiti,
Ma ka ti pela uIsraeli,
2 Uma be ku nge siye uJehova o be nga kiti,
Ekusivukeleni kwabantu;
3 Be be ya kusigwinyake si zwa,
Ekuvuteni kwolaka lwabo ngati:
4 Amanzi nga e si kukulile,
Umfula nga weqe pezu kwompefumulo wetu;
5 Amanzi akukumeleyo nga eqile pezu kwompefumulo wetu.
6 Ma ka bongwe uJehova,
O nga si nikezanga si be inyamazane emazinyweni abo.
7 Umpefumulo wetu u sindile njengenyoni ogibeni lwabatiyi:
Ugibe lwapukile, tina si sindile.
8 Ukusizeka kwetu ku segameni li ka Jehova,
Ow'enza izulu nomhlaba.

UJehova ukupahla kwake abantu bake.

Ingoma yokwenyuka.

125 Bona ab'etemba ku Jehova

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ba njengentaba iZiyon e nge na
kunyakaziswa, e hlala ku ze
ku be nini.
2 Njengezintaba ezi pahle iJeru-
salem,
Ku njaloke uJehova u pahle aba-
ntu bake
Ku suka ku lesi sikati ku ze ku
be nini.
3 Ngokuba intonga yobushinga a i
yi kuhlala pezu kwesabelo sa-
balungileyo;
Ukuba abalungileyo ba nga yisi
izandhla zabo kokubi.
4 E, Jehova, yenza okuhle kwaba-
lungileyo,
Na kubo abaqoto ezinhliziyweni
zabo.
5 Kepa bona aba cezuka ngezi-
ndhlela zabo ezi mazombe,
UJehova wo ba hambisa kanye
nab'enza okubi.
Ukutula ma ku be ku Israeli.

Ku bongwa ukubuya ekutunjweni.

Ingoma yokwenyuka.

126 Ekubuyiseleni kwake uJe-
hova aba buyela eZiyon,
Sa ba njengabapupayo.
2 Umlomo wetu wa gcwala uku-
hleka,
Nolimi lwetu ukwenanela:
Kwa se ku tiwa ezizweni,
UJehova u b'enzele izinto ezi-
nkulu.
3 UJehova u s'enzele izinto ezi-
nkulu,
Si ya tokoza.
4 Si buyise, Jehova, ekutunjweni,
Njengemifula ya seNingizimu.
5 Bona aba hlwanyela ngezinyembe-
zi ba ya kuvuna ngokwenanela.
6 Yena o hamba nokuhamba e lila
e pete imbeu yokuhlwanyela,
Wo buya nokubuya ngokwenane-
la, e pete izitungu zake.

Inhlanhla i vela ku Jehova.

Ingoma yokwenyuka; e ka Solomon.

127 Uma uJehova e ng'aki
indhlu,
Ba ya kandhleka ngeze abaya-
kayo:
Uma uJehova e nga lindi umuzi,
Umlindi u qomolozela ize.
2 Ku yize kini ukuba ni vuke eku-
seni,
Ni libale ukupumula,
Ni dhle isinkwa sokushikashike-
ka;
Ngoba u ya nika isitandwa sake
ubutongo.
3 Bheka, abantwana ba ifa eli vela
ku Jehova;
Inzalo yesisu i umvuzo.
4 Njengemicibisholo esandhleni se-
siqwaga,
Ba njalo abantwana bobusha.
5 U busisiwe lo muntu o sambo
sake si gcwele bona:
A ba yi kujaba,
Nxa be kuluma nezita zabo esa-
ngweni.

Ukubusiswa kwaba m esaba uJehova.

Ingoma yokwenyuka.

128 Ba busisiwe bonke abame-
sabayo uJehova,
Be hamba ezindhleleni zake.
2 Ngokuba u ya kudhla isitukutu-
ku sezandhla zako:
Wo busiswa ku be kuhle kuwe.
3 Umkako wo ba njengomvini ote-
layo,
Pakati kwendhlu yako;
Abantwana bako bo ba njengezi-
tombo zomnqumo,
Be pahla itafula lako.
4 Bheka, lo muntu u ya kubusiswa
kanje
Omesabayo uJehova.
5 UJehova ma ka ku busise e se-
Ziyon:
U bone okuhle kwa seJerusalem
izinsuku zonke zokuhamba
kwako.
6 Yebo, u bone abantwana baba-
ntwana bako.
Ukutula ma ku be ku Israeli.

Umtandazo wokuba ku citwe izita ze-Ziyon.

Ingoma yokwenyuka.

129 Kaningi ba ngi katazile kwa
sebusheni bami,
Ma ka ti pela uIsraeli,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

2 Kaningi ba ngi katazile kwa sebusheni bami:
Noko a ba ng'ahlulanga.
3 Abalimayo ba limile emhlana wami;
B'elula imisele yabo.
4 UJehova u lungile:
U nqumile amagoda amashinga.
5 Ma ba jabe ba hlehliselwe emuva,
Bonke aba zonda iZiyon.
6 Ma ba be njengotshani opahleni,
Obubunayo bu nga ka kuli;
7 Ovunayo e nga gcwalisi isandhla sake ngabo,
Nobopayo izitungu e nga gcwalisi izingalo zake:
8 Nabadhlulayo a ba sho, ukuti,
Isibusiso si ka Jehova ma si be pezu kwenu;
Si ya ni busisa egameni li ka Jehova.

Ukwetembela otandweni lweNkosi olutetelelayo.

Ingoma yokwenyuka.

130 Ngi kalile kuwe Jehova, ngi sezinzulwini.
2 Nkosi, yizwa izwi lami:
Izindhlebe zako ma zi lalele
Izwi lokunxusa kwami.
3 Uma wena, Jehova, u qapele amacala,
Nkosi, ubani o ng'ema na?
4 Kepa ku kona ukutetelela kuwe,
Ukuze wesatshwe.
5 Ngi ya m hlalela uJehova, umpefumulo wami u ya m hlalela,
Ngi y'etembela ezwini lake.
6 Umpefumulo wami u lindela iNkosi
Kunabalindi aba linda ukusa;
Yebo, kunabalindi aba linda ukusa.
7 Israeli, tembela ku Jehova;
Ngokuba ku kona isihau ku Jehova,
Ukuhlenga ku vamile kuye.
8 Yena u ya kuhlenga uIsraeli
Emacaleni ake onke.

Ukwetembela ku Jehova njengomntwana.

Ingoma yokwenyuka; e ka Davida.

131 Jehova, inhliziyo yami a i kukumali, a ngi siye ocililekayo;
A ngi zigaxi ezindabeni ezinkulu,
Na sezintweni ezi ng'ahlula ngokumangalisa.
2 Impela ngi zolisile ngi tulisile umpefumulo wami;
Njengomntwana olunyuliweyo ku nina,
Umpefumulo wami u njengolunyuliweyo pakati kwami.
3 Israeli, tembela ku Jehova,
Ku suka ku lesi sikati ku ze ku be nini.

Ku tandazelwa ukuba uJehova a busise indhlu engcwele.

Ingoma yokwenyuka.

132 Jehova, ma u kumbulele uDavida
Izinhlupeko zonke zake;
2 Ukufunga kwake ku Jehova,
Nokutembisa kwake kuye o namandhla ka Jakobe: e ti,
3 Impela a ngi yi kungena etenteni lendhlu yami,
A ngi yi kwenyukela embedeni wami;
4 A ngi yi kunika amehlo ami ubutongo,
Nezinkope zami ukozela;
5 Ngi ze ngi fumanele uJehova indawo,
Amatabanekele O namandhla ka Jakobe.
6 Bheka, sa ku zwa eEfrata:
Sa ku fumana ezweni lehlati.
7 Si ya kungena ematabanekeleni ake;
Si kuleke esenabelweni sezinyawo zake.
8 Vuka, Jehova, u ye endaweni yako yokupumula;
Wena, nompongolo wamandhla ako.
9 Abapristi bako ma b'ambate ukulunga;
Abangcwele bako ma b'enanele.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

10 Ngenxa ka Davida inceku yako
U nga pungi ubuso bogcotshiweyo wako.
11 UJehova u fungile ku Davida ngeqiniso;
A ka yi kubuya kuko, e ti:
Okwenzalo yezibilini zako ngo ku misa esihlalweni sako sobukosi.
12 Uma abantwana bako be gcina isivumelwano sami
Nesifakazo sami engi ya kubafundisa sona,
Abantwana babo nabo ba ya kuhlala esihlalweni sako sobukosi ku ze ku be nini.
13 Ngokuba uJehova u ketile iZiyon;
U li nxanele li be ikaya lake.
14 Yile indawo yami yokupumula ku ze ku be nini:
Ngo hlala lapa; ngokuba ngi li nxanele.
15 Ngo busisa kakulu ukudhla kwalo:
Ngi sutise abampofu balo ngesinkwa.
16 Ngi ya kwambatisa nabapristi balo ngosindiso;
Abangcwele balo ba ya kwenanela nokwenanela.
17 Lapo ngo hlumisa upondo lu ka Davida:
Ngi misele ogcotshiweyo wami isibani.
18 Ngi ya kwambatisa izita zake ngehlazo;
Kepa umqele wake wo kazimula pezu kwake.

Ubuhle bokuhlalisana ngobuzalwane.

Ingoma yokwenyuka; e ka Davida.

133 Bheka, kuhle kumnandi kangaka
Ukuba abazalwane ba hlalisane kahle ndawonye!
2 Ku fana namafuta amahle pezu kwekanda,
Ehlela esilevwini,
Esilevwini si ka Aron;
Ehlela na sempetweni wezambato zake;
3 Ku njengombete wa seHermon,
Owehlela ezintabeni za seZiyon:
Ngokuba uJehova wa yala ukuba ku be kona isibusiso lapo,
Esi ukupila ku ze ku be nini.

Ukubingelelana kwabalindi ebusuku.

Ingoma yokwenyuka.

134 Bheka, bongani uJehova, nina nonke zinceku zi ka Jehova,
Eni ma endhlini ka Jehova ebusuku.
2 Pakamiselani izandhla zenu nga sendhlini engcwele,
Ni bonge uJehova.
3 Ma ka ku busise uJehova e seZiyon;
Yena ow'enza izulu nomhlaba.

Ku bongwa imisebenzi emangalisayo ka Jehova. Ubuze bezitombe.

135 Dumisani uJehova.
Dumisani igama li ka Jehova;
Dumisani, nina zinceku zi ka Jehova,
2 Nina eni ma endhlini ka Jehova,
Emagcekeni endhlu ka Nkulunkulu wetu.
3 Dumisani uJehova; ngokuba uJehova u mnene:
Hubelani igama lake; ngokuba li mnandi.
4 Ngokuba uJehova u ziketele uJakobe,
NoIsraeli a be imfuyo yake.
5 Ngokuba ngi y'azi ukuti uJehova mkulu,
Nokuti iNkosi yetu i pezu kwa onkulunkulu bonke.
6 Konke uJehova akwenamelayo, u kwenzile,
Ezulwini, na semhlabeni, pakati kwezilwandhle, na kototololo bonke;
7 O wenyusa izinkwezane emikaulweni yomhlaba;
O wenzela imvula izinyazi;
O kipa umoya ezindhlini zake zengcebo;
8 Owa shaya amazibulo a sEgipite,
Awabantu kanye nawezinkomo;
9 Owa tuma izibonakaliso nezimangaliso pakati kwako, Gipite,

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Pezu ku ka Faro, nezinceku zonke zake;
10 Owa shaya izizwe eziningi,
Wa bulala amakosi a namandhla,
11 USihon inkosi yamaAmori,
NoOgi inkosi ya seBashan,
Nemibuso yonke ya kwa Kanan,
12 Wa nikeza izwe labo li be ifa,
Li be ifa ku Israeli abantu bake.
13 Jehova, igama lako li mi ku ze ku be nini;
Jehova, isikumbuzo sako si sezizukulwaneni ngezizukulwane.
14 Ngokuba uJehova u ya kuteta icala labantu bake,
A zisole ngezinceku zake.

15 Izitombe zezizwe zi isiliva negolide,
Umsebenzi wezandhla zabantu.
16 Zi nemilomo, a zi kulumi·
Zi namehlo, a zi boni;
17 Zi nezindhlebe, a zi zwa;
A kuko moya futi emlonyeni wazo.
18 Abazenzayo ba ya kufana nazo;
Yebo, nabo bonke aba temba kuzo.
19 Nina ndhlu ka Israeli, m bongeni uJehova:
Nina ndhlu ka Aron, m bongeni uJehova:
20 Nina ndhlu ka Levi, m bongeni uJehova:
Nina en'esaba uJehova, m bongeni uJehova.
21 Ma ka bongwe uJehova eZiyon,
O hlala eJerusalem
Dumisani uJehova.

Ku bongwa ubunene bu ka Jehova ku Israeli.

136 Bongani uJehova: ngokuba u mnene;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini.
2 Bongani uNkulunkulu wa onkulunkulu;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini.
3 Bongani iNkosi yamakosi;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini:
4 Yena yedwa o wenza imimangaliso emikulu;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini:
5 Yena ow'enza izulu ngokuqonda;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini:
6 Yena ow'endhlala umhlaba pezu kwamanzi;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini:
7 Yena ow'enza izinkanyiso ezinkulu;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini:
8 Ilanga ukubusa emini;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini:
9 Inyanga nezinkanyezi ukubusa ebusuku;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini:
10 Yena owa shaya iGipite ngamazibulo abo;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini;
11 Wa kipa uIsraeli pakati kwabo;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini;
12 Ngesandhla esi namandhla, nengalo eyeluliweyo;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini:
13 Yena owa damula uLwandhle oluBomvu lwa damuka;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini;
14 Wa welisa uIsraeli pakati kwalo;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini;
15 Kepa wa m tuntutela eLwandhle oluBomvu uFaro nempi yake;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini:
16 Yena owa hambisa abantu bake ehlane;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini:
17 Yena owa shaya amakosi amakulu;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

18 Wa bulala amakosi adhlondhlobeleyo;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini:
19 USihon inkosi yamaAmori;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini;
20 NoOgi inkosi ya seBashan;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini;
21 Wa nikeza izwe labo li be ifa;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini;
22 Li be ifa ku Israeli inceku yake;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini:
23 Owa si kumbula ekutotshisweni kwetu;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini;
24 Owa si hlangulisa kwabayimpi kiti;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini:
25 O nika konke okupilayo ukudhla;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini.
26 Bongani uNkulunkulu wezulu;
Ngokuba isihau sake si mi ku ze ku be nini.

Izinsizi zabatunjwa eBabulon.

137 Nga semifuleni ya seBabulon,
Sa hlala pansi kona, yebo, sa kala,
Ekukumbuleni kwetu iZiyon.
2 Eminyezaneni pakati kwayo
Sa panyeka izinkoka zetu.
3 Ngokuba abasitumbayo ba funa kitina izingoma kona,
Abasipangayo ba funa intokozo, be ti,
Si hlabelelele leni enye yezingoma za seZiyon.
4 So hlabelela kanjani ingoma ka Jehova
Ezweni labezizwe na?
5 Uma ngi kohlwa uwe, Jerusalem,
Isandhla sami sokunene ma si kohlwe ikono laso.
6 Ulimi lwami ma lu namatele olwangeni lwami,
Uma ngi nga ku kumbuli;
Uma ngi nga li pakamisi iJerusalem
Ngapezu kwezinto engi zi tokozela kakulu.
7 Kumbula, Jehova, ngaba kwa Edom
Usuku lweJerusalem;
Aba ti, Li dilizeni, li dilizeni,
Ku ze ku be sesisekelweni salo.
8 Ndodakazi ya seBabulon, e ya kuqotulwa,
U ya kubusiswa lowo okupindiselayo
Njengokusipata kwako.
9 U ya kubusiswa lowo o za kubamba izingane zako
A zi pahlaze eweni.

Ku bongwa isisa si ka Jehova.
Eli ka Davida.

138 Ngi ya kukubonga ngenhliziyo yonke yami:
Pambi kwa onkulunkulu ngo ku hubela.
2 Ngi ya kukuleka ngi bhekise etempelini lako elingcwele,
Ngi bonge igama lako ngenxa yesihau sako neqiniso lako:
Ngokuba u l'enze la likulu izwi lako ngapezu kwegama lonke lako.
3 Ngosuku enga biza ngalo wa ngi pendula,
Wa ngi kalipisa ngamandhla empefumulweni wami.
4 Onke amakosi omhlaba a ya kukubonga, Jehova,
Ngoba e zwile amazwi omlomo wako.
5 Yebo, a ya kuhlabelela ngezindhlela zi ka Jehova;
Ngokuba bu kulu ubukosi bu ka Jehova.
6 Ngokuba noma uJehova e pakeme, noko u ya nakekela otobileyo;
Kepa ozikukumezayo u ya m azi e kude.
7 Noma ngi hamba ngi lusizi, wena u ya kungipilisa;
U ya kwelulela isandhla sako nga kulo ulaka lwezita zami,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Esokunene sako si ngi sindise.
8 UJehova u ya kufeza oku qondene nami:
Isihau sako, Jehova, si mi ku ze ku be nini;
U nga yeki imisebenzi yezandhla zako.

Ubukona bu ka Nkulunkulu ezindaweni zonke nokwazikonke kwake.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. Ihubo li ka Davida.

139 Jehova, wena u ngi hlolile, u ya ng'azi.
2 U ya kwazi ukuhlala kwami, nokusuka kwami;
U qonda umcabango wami u kude.
3 U ya pendhla ukuhamba kwami, nokulala kwami,
U jwayelene nezindhlela zonke zami.
4 Ngokuba a liko izwi olimini lwami,
Ongalaziyo, Jehova, lonkana.
5 U ngi vimbezele ngasemuva na ngapambili,
U bekile isandhla sako pezu kwami.
6 Loku kwazi ku isimangaliso kakulu kimina;
Ku pakeme, ngi nge finyelele kuko.
7 Ngi nga yapi ngi dede emoyeni wako na?
Ngi nga balekelapi ngi muke pambi kwako na?
8 Uma ng'enyukela ezulwini, u lapo wena:
Uma ngi z'endhlalela eSheoli, bheka, u lapo.
9 Uma ngi tabata amapiko okusa,
Ngi hlale ekugcineni kwolwandhle;
10 Na lapo isandhla sako si ya kungihola,
Nesokunene sako si ya kungibamba.
11 Uma ngi ti, Impela ubumnyama bu ya kungisibekela,
Ukukanya ku be ubusuku nga kimi;
12 Nabo ubumnyama a bu bi ubumnyama kuwe,
Ubusuku bu ya kanya njengemini:
Ubumnyama bu fana nokukanya kuwe.
13 Ngokuba wa z'enza izinso zami:
Wa ngi mboza esiswini si ka mame.
14 Ngo ku bonga; ngenxa yokuba ng'enziwa ngokwesabekayo na ngokumangalisayo:
Imisebenzi yako i ya mangalisa;
Umpefumulo wami u ya kwazi loku kakulu.
15 Amatambo ami a fihlwanga kuwe,
Ekwenziweni kwami ekusitekeni,
Ngi sa feketiswa ezindaweni ezijulileyo zomhlaba.
16 Amehlo ako a ngi bona ngi se ihlule;
Konke kwa lotshwa encwadini yako,
Nazo izinsuku enga miselwa zona,
Ku nga ka biko na lunye lwazo.
17 Futi yigugu kimi kangaka imicabango yako, Nkulunkulu!
Ubungako bayo bu kulu kangaka!
18 Uma ngi yi bala, miningi kunesihlabati:
Nxa ngi vuka ngi se nawe.
19 Impela u ya kubulala ishinga, Nkulunkulu:
Sukani kimi, nina bantu begazi.
20 Ngokuba ba kuluma kabi ngawe,
Izita zako zi pata igama lako ngeze.
21 E Jehova, a ngi zondi abakuzondayo na?
A ngi dikibali ngabo abakuvukelayo na?
22 Ngi ya ba zonda ngenzondo epeleleyo:
Se be izita kimi.
23 Ngi hlole, Nkulunkulu, u y'azi inhliziyo yami:
Ngi vivinye, u y'azi imicabango yami;
24 U bone uma ku kona indhlela yobubi kimi,
U ngi hole endhleleni emiyo njalo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umtandazo w'o cela ukuvikelwa ku bazingeli.

Ku mhlonzi wokuhlabelela. Ihubo li ka Davida.

140 Ngi kulule, Jehova, ku muntu omubi;
Ngi londoloze ku muntu o isidhlova:
2 Aba ceba okubi enhliziyweni yabo;
Ba zinge be butanela ukulwa.
3 Ba lolile izilimi zabo njengenyoka;
Isihlungu samabululu si pansi kwezindebe zemilomo yabo. [Sela
4 Ngi gcine, Jehova, ezandhleni zamashinga;
Ngi londoloze ku muntu o isidhlova:
Aba hlose ukududula izinyawo zami.
5 Abazidhlayo ba ngi cupe ngogibe, nezihintshela;
B'endhlalile ineta nga sendhleleni;
Ba ngi bekele amafolo. [Sela
6 Nga ti ku Jehova, U nguNkulunkulu wami wena:
Bek'indhlebe ezwini lokunxusa kwami, Jehova.
7 E, Jehova Nkosi, mandhla angisindisayo,
Wena u mbozile ikanda lami ngosuku lwezikali.
8 Jehova, ma u nga niki ishinga oku fiswa yilo;
Ma u nga cumisi icebo lalo, funa a zipakamise. [Sela
9 Ikanda-ke la labo abangizungezileyo,
Ukuhxina kwemilomo yabo ma ku ba mboze.
10 Ma ba welwe amalahle avutayo:
Ma ba wiselwe emlilweni,
Na kwa totololo lapo be nga yi kusuka kona.
11 Umuntu o nomlomo ka yi kuzinza emhlabeni:
Ububi bo zingela umuntu o isidhlova bu ze bu m hlohloloze.
12 Ngi y'azi ukuba uJehova u ya kumtetela icala ohlupekayo,
Ahlulele kahle impabanga.
13 Impela abalungileyo ba ya kubonga igama lako:
Abaqoto ba ya kuhlala pambi kwako.

Umtandazo wa kusihlwa wokuba a ngcweliswe a vikelwe.

Ihubo li ka Davida.

141 Jehova, ngi ku bizile; putuma u ze kimi:
Bek'indhlebe ezwini lami, inxa ngi ku biza.
2 Umtandazo wami ma u lungiswe njengempepo pambi kwako;
Nokupakamisa kwami izandhla zami ku be njengomhlatshelo wokuhlwa.
3 Jehova, ma u beke umlindi pambi kwomlomo wami;
Ma u gcine umnyango wezindebe zomlomo wami,
4 U nga bhekiseli entweni embi inhliziyo yami,
Ukusebenza imisebenzi yokushinga
Kanye nabantu ab'enza okubi:
Ma ngi nga dhli izinto zabo ezimnandi.
5 Olungileyo ma ka ngi kande, ko ba isihau;
Ka ngi sole, ku amafuta ekanda;
Ikanda lami ma li nga wa nqabi:
Ngokuba umtandazo wami wo ba kona na pezu kwobubi babo.
6 Nxa abahluli babo be ponsiwe eweni;
Ba ya kuzwa amazwi ami; ngokuba a mnandi.
7 Njengolimayo n'o qeqebula umhlabati,
Ku njalo amatambo etu a sakazekile emlonyeni weSheoli
8 Ngokuba amehlo ami a kuwe, Jehova Nkosi:
Ngi ya pepela kuwe; ma u nga w'enzi u hlonge umpefumulo wami.
9 Ngi gcine ogibeni aba ngi tiya ngalo,

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Na semafolweni aba sebenza okubi.
10 Amashinga ma we emaneteni awo,
Mina ngi be ngi dhlula.

Umtandazo w'o cela ukusizwa ekuhlupekeni.

IMaskili li ka Davida lapo wa e semhumeni; umtandazo.

142 Ngi kala ku Jehova ngezwi lami;
Ngezwi lami ngi nxusa ku Jehova.
2 Ngi tulula pambi kwake isikalo sami;
Ngi veza usizi lwami pambi kwake.
3 Lapo umoya wami u te dica pakati kwami,
Wena wa w'azi umgudu wami.
Endhleleni engi hamba ngayo
Ba ngi cupa ngogibe.
4 Bheka nga kwesokunene sami u bone;
Ngokuba a kako ongaziyo:
Ihlati li ngi putele;
A kako o katalela umpefumulo wami.
5 Nga kala kuwe, Jehova;
Nga ti, Wena u isipepelo sami,
Isabelo sami ezweni labapilayo.
6 Lalela ukumbongoza kwami;
Ngokuba ng'enziwa inkengane kakulu:
Ng'opule kubo abangizingelayo;
Ngokuba ba qinile kunami.
7 Kipa umpefumulo wami etilongweni,
Ukuba ngi bonge igama lako:
Abalungileyo ba ya kungikaka;
Ngokuba wena u ya kungipata kahle.

Umtandazo w'o cela ukwopulwa nokuholwa.

Ihubo li ka Davida.

143 Jehova, yizwa umtandazo wami; bek'indhlebe ekunxuseni kwami:
Ngokwetembeka kwako u ngi pendule na ngokulunga kwako.
2 U nga ngeni ekwahluleleni nenceku yako;
Ngokuba a ku lunge muntu pambi kwako kubo bonke aba kona.
3 Ngokuba isita si zingele umpefumulo wami;
Si cobozele pansi ukupila kwami:
Si ngi hlalisile ezindaweni ezimnyama, njengabo aba kade ba fa.
4 Ngako umoya wami u te dica pakati kwami;
Inhliziyo yami pakati kwami i incitakalo.
5 Ngi ya zi kumbula izinsuku zamandulo;
Ngi ya zindhla ngazo zonke izenzo zako;
Ngi ya cabanga ngomsebenzi wezandhla zako.
6 Ng'elulela izandhla zami kuwe:
Umpefumulo wami u k'omele njengezwe eliyetileyo. [Sela
7 Shesha u ngi pendule, Jehova; umoya wami u ya pela:
U nga sitezi ubuso bako kimi,
Funa ngi fane nabo ab'ehlela emgodini.
8 Ma ngi zwe isihau sako ekuseni;
Ngokuba ngi y'etemba kuwe:
Ng'azise indhlela engi fanele ukuhamba ngayo;
Ngokuba ngi pakamisela umpefumulo wami kuwe.
9 Ng'opule kuzo izita zami, Jehova:
Ngi cashe kuwe.
10 Ngi fundise ukwenza intando yako;
Ngokuba wena u nguNkulunkulu wami:
Umoya wako u lungile;
Ngi holele ezweni eli te ta.
11 Ngi pilise, Jehova, ngenxa yegama lako:
U kipe umpefumulo wami osizini ngokulunga kwako.
12 Ngesihau sako ma u nqume izita zami,
U bubise bonke aba kataza umpefumulo wami;
Ngokuba ngi inceku yako.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umtandazo w'o cela ukuhlwitwa engozini. Abantu ababusisekileyo.

Eli ka Davida.

144 Ma ka bongwe uJehova iwa lami,
O fundisa izandhla zami impi,
Neminwe yami ukulwa:
2 U isihau kimi, nenqaba yami.
Umboshongo wami opakemeyo, nomhlangulisi wami;
Isihlangu sami, yena engi pepela kuye;
O nyatela abantu bami pansi kwami.
3 Umuntu u yini, Jehova, ukuba u m azi wena?
Nendodana yomuntu ukuba u yi nake na?
4 Umuntu u fana nomoya:
Izinsuku zake zi njengetunzi elidhlulayo.
5 Tobisa amazulu ako, Jehova, wehle:
Namata izintaba, zi tunqe.
6 Nyazimisa izinyazi, u ba hlakaze;
Tuma imicibisholo yako, u ba didizelise.
7 Yelula isandhla sako u pezulu;
U ngi hlwite, u ng'opule emanzini amaningi,
Esandhleni sabezizwe;
8 Aba mlomo wabo u kuluma inkohliso,
Aba sandhla sabo sokunene si isandhla sokunene samanga.
9 Nkulunkulu, ngi ya kukuhlabelelela ingoma entsha:
Ngogubu olu nezintambo ezi ishumi ngi ya kukuhubela.
10 Wena u nguye o nika amakosi usindiso;
O hlwita uDavida inceku yake enkembeni yobubi.
11 Ngi hlwite u ng'opule esandhleni sabezizwe,
Aba mlomo wabo u kuluma inkohliso,
Aba sandhla sabo sokunene si isandhla sokunene samanga.

12 Lapo amadodana etu e njengezitshalo ezikulayo ebusheni bawo,
Namadodakazi etu e njengamatshe amagumbi abaziweyo njengomkuba wendhlu yobukosi;
13 Lapo izingobo zetu zi gcwele, zi veza izinhlobonhlobo,
Izimvu zetu zi zala izinkulungwane nezinkulungwane ezi ishumi emadhlelweni etu;
14 Lapo izinkomo zetu zi miti;
Lapo ku ngeko ukungenelwa, nokupuma,
Ku ngeko ukumbongoza ezigcawini zetu:
15 Ba busisiwe abantu aba nje;
Yebo, ba busisiwe abantu aba Nkulunkulu wabo u nguJehova.

Ku batshazwa uJehova ngobunene bake namandhla ake.

Elokudumisa; eli ka Davida.

145 Ngi ya kukupakamisa, Nkulunkulu wami, Nkosi;
Ngi bonge igama lako ku ze ku be nini na nini.
2 Izinsuku zonke ngo ku bonga,
Ngi dumise igama lako ku ze ku be nini na nini.
3 UJehova mkulu, u fanele ukudunyiswa kakulu;
Ubukulu bake a bu na kupenywa.
4 Isizukulwane ngesizukulwane si ya kubabaza imisebenzi yako,
Si veze ubuqwaga bako.
5 Ngobukosi obu ubucwazicwazi bodumo lwako,
Na ngezindaba zemimangaliso yako ngi ya kuzindhla.
6 Abantu ba ya kukuluma ngamandhla ezenzo zako ezisabekayo;
Ngo balisa ngobukulu bako.
7 Ba ya kutemeleza isikumbuzo sobunene bako obukulu,
B'enanele ngokulunga kwako.
8 UJehova u nomusa nesihe;
Wepuza ukutukutela, mkulu ngesihau.
9 UJehova u mnene kubo bonke;
Isihe sake si kuyo yonke imisebenzi yake.
10 Imisebenzi yonke yako i ya kukubonga, Jehova;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Abangcwele bako ba ya kukubusisa.
11 Ba ya kukuluma ngobukosi bombuso wako,
Ba shumayele ngobuqwaga bako;
12 Ukwazisa amadodana abantu ubuqwaga bake,
Nodumo lobukosi bombuso wake.
13 Umbuso wako u ngumbuso omiyo ku ze ku be nini,
Nokubusa kwako ku sesizukulwaneni ngesizukulwane.
14 UJehova u ya pasa bonke abawayo,
U pakamisa bonke abagebileyo.
15 Amehlo abo bonke a bheke wena;
Wena u ya ba nika ukudhla kwabo ngesikati esifaneleyo.
16 U vula isandhla sako,
U sutise intando yezinto ezizwayo zonke.
17 UJehova u lungile ezindhleleni zonke zake,
U nesihau ngemisebenzi yonke yake.
18 UJehova u seduze nabo bonke abamtetayo,
Bonke abamtetayo ngeqiniso.
19 U ya kuyenza intando yabamesabayo;
Futi u ya kuzwa ukukala kwabo, a ba sindise.
20 UJehova u ya gcina bonke abamtandayo;
Kepa amashinga onke wo wa qeda.
21 Umlomo wami u ya kukuluma indumiso ka Jehova;
Konke okupilayo ma ku bonge igama lake elingcwele ku ze ku be nini na nini.

Ku bongwa uJehova o vame usizo.

146 Dumisani uJehova.
Dumisa uJehova, mpefumulo wami.
2 Ngi ya kumdumisa uJehova ngi sa pila:
Ngi ya kuhubela uNkulunkulu wami ngi se kona.
3 Ni nga tembi ezikulwini,
Na sendodaneni yomuntu, oku ngeko kuyo usizo.
4 Umoya wayo u ya puma, i buyele emhlabatini wayo;
Nga lolo suku imicabango yayo i ya buba.
5 U busisiwe yena o noNkulunkulu ka Jakobe e umsizi wake,
O bheke uJehova uNkulunkulu wake:
6 Ow'enza izulu nomhlaba,
Nolwandhle, nako konke oku kuko;
O gcina iqiniso ku ze ku be nini;
7 O wahlulela kahle aba petwe ngokahlo;
Opayo abalambileyo ukudhla.
UJehova u ya tukulula iziboshwa;
8 UJehova u ya vula amehlo ezimpumpute;
UJehova u ya pakamisa abagebileyo;
UJehova u ya tanda abalungileyo;
9 UJehova u ya gcina aba te gozololo;
U ya pasa inkedama nomfelokazi;
Kepa indhlela yamashinga u ya ku yiqetula.
10 UJehova u ya kubusa ku ze ku be nini,
UNkulunkulu wako, Ziyon, ezizukulwaneni ngezizukulwane.
Dumisani uJehova.

Ku bongwa ukuvuswa kweJerusalem nenhlanhla yalo.

147 Dumisani uJehova;
Ngokuba kuhle ukuhubela uNkulunkulu wetu;
Ngokuba ku mnandi, indumiso i fanele.
2 UJehova u ya l'aka iJerusalem;
U ya buta abaxoshiweyo ba kwa Israeli.
3 U ya pilisa abapuke inhliziyo,
A bope amanxeba abo.
4 U ya bala umumo wezinkanyezi;
A zi bize zonke ngamagama.
5 I nkulu iNkosi yetu, i namandhla amakulu;
Ukuqonda kwayo a ku na kubaliswa.
6 UJehova u ya pasa abatobileyo:
U tobisela pansi amashinga.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

7 M hlabeleleleni uJehova ngokubonga;
M hubeleni uNkulunkulu wetu ngenkoka,
8 O sibekela izulu ngamafu,
O lungisela umhlaba imvula,
O hlumisa utshani ezintabeni.
9 O nika izinkomo ukudhla kwazo,
Namapupu egwababa akalayo.
10 K'enameli amandhla ehashi,
Ka i m koli imilenze yendoda.
11 UJehova u kolwa yibo abamesabayo,
Ab'etembela esihawini sake.
12 Babaza uJehova, Jerusalem;
Dumisa uNkulunkulu wako, Ziyon.
13 Ngokuba u qinisile imivalo yamasango ako;
U busisile abantwana bako pakati kwako.
14 Wenza ukutula emikaulweni yako;
U ya ku sutisa ngokolweni omuhle.
15 U ya tuma umyalo wake emhlabeni;
Izwi lake li gijima ngejubane.
16 U nika ungqoqwane njengoboya bezimvu;
U sakaza isitwatwa njengomlota.
17 U ponsa iqwa lake njengamaqakata:
Ubani o ng'ema pambi kwamakaza ake na?
18 U tuma izwi lake, a ku ncibilikise:
U pepetisa umoya wake, amanzi a goboze.
19 U veza izwi lake ku Jakobe,
Izimiso zake namasiko ake ku Israeli.
20 A k'enzanga njalo esizweni nesi sodwa;
Amasiko ake a zi wazanga.
Dumisani uJehova.

Izinto zonke ezidaliweyo zi vuswa ukuba zi dumise uJehova.

148 Dumisani uJehova.
Dumisani uJehova ezulwini:
M dumiseni ezindaweni ezipakemeyo.
2 M dumiseni nina nonke zingelosi zake:
M dumiseni nina mabandhla ake onke.
3 M dumiseni langa, nenyanga:
M dumiseni nina nonke zinkanyezi zokukanya.
4 M dumise wena zulu lezulu,
Nina manzi a ngapezu kwezulu.
5 Ma ku dumise igama li ka Jehova;
Ngokuba wa sho, kwa dalwa.
6 U ku misile ku ze ku be nini na nini:
U s'enzile isimiso esi nga yi kudhlula.
7 Dumisani uJehova emhlabeni,
Nina mikomo na ototololo bonke;
8 Wena mlilo nawe sicoto, wena ngqoqwane nawe nkwezane;
Nawe moya wesipepo, ni feze izwi lake;
9 Nina zintaba nani magquma onke;
Nina miti etelayo nani misedare yonke;
10 Nina zilwane nani zinkomo zonke;
Nina zinto ezihuquzelayo nani zinyoni ezindizayo;
11 Makosi omhlaba nezizwe zonke;
Zikulu nabahluli bonke bomhlaba;
12 Zinsizwa nezintombi;
Maxegu nabantwana:
13 Ma ba dumise igama li ka Jehova;
Ngokuba igama lake lodwa li pakeme;
Ubukosi bake bu pezu kwomhlaba nezulu.
14 U pakamisile upondo lwabantu bake,
Olu dunyiswa abangcwele bake bonke;
Aba kwa Israeli, abantu aba seduze naye.
Dumisani uJehova.

Ku vuswa uIsraeli ukuba a dumise uJehova.

149 Dumisani uJehova.
M hlabeleleleni uJehova ingoma entsha,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Nendumiso yake embutanweni wabangcwele.
2 Ma ka tokoze uIsraeli ngowaménzayo:
Ma b'etabe abantwana ba seZiyon ngeNkosi yabo.
3 Ma ba dumise igama layo ngokusina:
Ma ba yi hubele ngesigubu na ngenkoka.
4 Ngokuba uJehova u kolwa yibo abantu bake:
Wo vunulisa abatobileyo ngokusindiswa.
5 Abangcwele ma ba ncince ngodumo:
Ma b'enanele emibedeni yabo.
6 Ukupakanyiswa ku ka Nkulunkulu ma ku be semipinjeni yabo,
Nenkemba e kudhla kubili esandhleni sabo;
7 Ukuba ba pindisele ezizweni,
Ba jezise abantu;
8 Ba bope amakosi azo ngamakatango,
Nezidukwana zazo ngezibopo zensimbi;
9 Ba feze pezu kwazo isahlulelo esilotshiweyo:

Lolu dumo lu kubo abangcwele bonke bake.
Dumisani uJehova.

Ku menyelwa ukuba ku bongwe uNkulunkulu ngemitshingo.

150 Dumisani uJehova.
Dumisani uNkulunkulu endhlini yake engcwele:
M dumiseni esibakabakeni samandhla ake.
2 M dumiseni ngezenzo zake zobuqwaga:
M dumiseni njengobuningi bobukulu bake.
3 M dumiseni ngokukala kwecilongo:
M dumiseni ngogubu nenkoka.
4 M dumiseni ngesigubu nokusina:
M dumiseni ngezinto ezi nezintambo nemitshingo.
5 M dumiseni ngezikencezo ezizwakalayo:
M dumiseni ngezikencezo ezihlokomayo.
6 Ma ku m dumise uJehova konke okupefumulayo.
Dumisani uJehova.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

IZAGA

Usizo lwezaga. U ng'eduswa izoni. Ukuhlakanipa nabakudelelayo.

1 Izaga zi ka Solomon ka Davida,
inkosi ya kwa Israeli:
2 Ukuze kwaziwe ukuhlakanipa nokulaywa;
Ukuze ku qondwe amazwi engqondo;
3 Ukuze kwamukelwe ukulaywa kwokuhlakanipa,
Ngokulunga, na ngokwahlulela na ngobuqoto;
4 Ukuze imipupe i kalipiswe,
Nensizwa i piwe ukwazi namasu;
5 Ukuze ohlakanipileyo ezwe a kule emfundweni;
Noqondileyo a zuze amasongozo:
6 A ze a qonde isaga, nemfihlo,
Amazwi abahlakanipileyo, nezimfumbe zabo.

7 Ukwesaba uJehova ku ukuqala kwokwazi;
Izipukupuku zi y'eyisa ukuhlakanipa nokulaywa.
8 Ndodana yami, yizwa ukulaya ku ka yihlo,
U nga deli umteto ka nyoko:
9 Ko ba iqele lobuhle ekanda lako,
Nemigexo entanyeni yako.
10 Ndodana yami, nxa izoni zi ku wunga,
U nga vumi.
11 Uma zi ti, Hamba nati,
Ma si qamele igazi;
Si m bacele omsulwa ngeze;
12 Ma si ba gwinye njengesheoli, be s'ezwa,
Be pelele njengabo ab'ehlela emgodini;
13 So fumana impahla e igugu;
So gcwalisa izindhlu zetu ngempango:
14 Wo y'enza inkato yako pakati kwetu;
So ba nesikwama sinye sonke:
15 Ndodana yami, u nga hambi endhleleni nazo;
Nqanda unyawo lwako emgudwini wazo:
16 Ngoba izinyawo zazo zi gijimela ebubini,
Zi shesha ukupalaza igazi.
17 Ngoba ineta l'enekelwa ize
Emehlweni ezinyoni zonke:
18 Labake ba qamela elabo igazi;
Ba bacela okwabo ukupila.
19 Zi njalo izindhlela zabo bonke aba hulazela inzuzo;
I ya susa ukupila kwomniniyo.

20 Ukuhlakanipa ku ya memeza esitaladini;
Ku ya pumisela izwi lako ezigcawini;
21 Ku ya memeza ezindaweni ezinkulu zokubutana;
Ezintubeni zamasango,
Emzini, ku ya kuluma amazwi ako okuti:
22 Ko ze ku be nini, nina mipupe, ni tanda ubupupe na?
Nezitekuli zi nxanela ukutekula,
Neziwula zi zonda ukwazi na?
23 Buyani ngokusola kwami:
Bheka, ngo tela umoya wami pezu kwenu;
Ngo n'azisa amazwi ami.
24 Ngokuba ngi bizile, n'ala nina;
Ng'elulile isandhla sami, a ku bangako onakayo;
25 Kepa ni shafisile konke ukululeka kwami,
A ni vumanga ukusola kwami:
26 Nami ngo hleka ngosuku lwamahlekelele enu;
Ngi hxolode ekufikeni kwovalo lwenu;
27 Nxa uvalo lwenu lu za njengesipepo,
Ku fika amahlekelele enu njengesivunguvungu;
Nxa ku za pezu kwenu usizi nokuxineka.
28 Konake ba ya kungibiza, kepa a ngi yi kusabela;
Ba ya kungifunisisa, kepa ka ba yi kungifumana.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

O landela ukuhlakanipa u zuza ukulondeka nobuqoto.

29 Ngenxa yokuba ba zondile ukwazi,
A ba ketanga ukumesaba uJehova,
30 A ba vumanga ukululeka kwami,
Ba delela konke ukusola kwami;
31 Ngako ba ya kudhla isitelo sendhlela yabo,
Ba sute amacebo abo.
32 Ngoba ukubuyela emva kwemipupe ko yi bulala,
Nokucemezeka kweziwula ku ya kuzibubisa.
33 Kepa ongilalelayo u ya kuhlala ngokulondeka,
A tabaye, a nga bi na luvalo ngokubi.

2 Ndodana yami, uma wamukela amazwi ami,
U yi bekelele imiyalo yami kuwe;
2 Ukuze u yi geqele ukuhlakanipa indhlebe yako,
U bhekise inhliziyo yako ekuqondeni;
3 Yeboke, nxa u kalela ingqondo,
U pumisele izwi lako u funa ukuqonda;
4 Uma u ku funa njengesiliva,
U ku yalule njengengcebo etukusiweyo:
5 Konake wo qonda ukumesaba uJehova,
U fumane ukumazi uNkulunkulu.
6 Ngoba uJehova u ya nika ukuhlakanipa;
Ku puma emlonyeni wake ukwazi nokuqonda:
7 U bekela abaqoto ukuhlakanipa okuqinisekileyo;
U isihlangu kubo aba hamba ngokupelela;
8 Ukuze a linde imihambo yokwahlulela,
A gcine indhlela yabangcwele bake.
9 Konake u ya kuqonda ukulunga nokwahlulela,
Nobuqoto, yebo, imendo yonke elungileyo.
10 Ngoba ukuhlakanipa ku ya kungena enhliziyweni yako,
Ukwazi ku be mnandi empefumulweni wako;
11 Amasu a ya kukugcina;
Ukuqonda ku ya kukulinda:
12 Ukuze wopulwe endhleleni yobubi,
Ku bantu aba kuluma ubupoxo;
13 Aba shiya imihambo e te ntse,
Ukuba ba hambe ezindhleleni zobumnyama;
14 Aba tokozela ukwenza okubi,
B'etaba ngobupoxo bokubi,
15 Aba sontekile emihambweni yabo,
Ba izigwegwe emendweni yabo:
16 Ukuze wopulwe kowesifazana ondindayo,
Yebo, ku nondindwa otopayo ngamazwi ake;
17 O shiya isingane sobusha bake,
E kohlwa isivumelwano si ka Nkulunkulu wake:
18 Ngoba indhlu yake i shonela ekufeni,
Nemendo yake ezitunzini;
19 Bonke aba ngena kuye a ba buyi,
A ba finyeleli emihambweni yokupila:
20 Ukuze u hambe endhleleni yabaqoto,
U gcine imihambo yabalungileyo.
21 Ngokuba aba te ntse ba ya kwaka ezweni.
Abapeleleyo ba sale kulo.
22 Kepa amashinga a ya kunqunywa ezweni,
Naba ndimimbili ba sishulwe kulo.

3 Ndodana yami, u nga kohlwa umteto wami;
Kepa inhliziyo yako ma i linde imiyalo yami:
2 Ngoba i ya kwengeza kuwe ubude bezinsuku,
Neminyaka yokupila, nokutula,
3 Isihau neqiniso ma ku nga ku shiyi:
Ku bopele entanyeni yako;
Ku lobe esibhebheni senhliziyo yako:
4 U ya kutike u tole umusa nomqondo omuhle

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UJehova ma k'esatshwe a lalelwe.

Emehlweni ka Nkulunkulu nabantu.

5 Temba ku Jehova ngenhliziyo yako yonke,
U ng'enciki kokwako ukuqonda;
6 Ezindhleleni zonke zako u m vume,
U ya kuqondisa imihambo yako.
7 U nga bi ohlakanipileyo emehlweni ako;
M esabe uJehova, u suke ebubini:
8 Ko ba impilo enkabeni yako,
Nomkantsha ematanjeni ako.
9 M dumise uJehova ngempahla yako,
Na ngezandulela zokutela konke kwezwe lako:
10 Ko ti izingobo zako zi gcwale ubuningi,
Nezikamo zako zevini zi pupume iwayini elisha.
11 Ndodana yami, u nga deleli ukulaya ku ka Jehova;
U nga dinwa ukusola kwake:
12 Ngoba uJehova u ya m sola lo amtandayo,
Njengoyise indodana emkolayo.

13 U busisiwe lo muntu o tola ukuhlakanipa,
Nomuntu o zuza ingqondo.
14 Ngokuba intengo yako inhle kunentengo yesiliva,
Nenzalo yako kunegolide elicolekileyo.
15 Ku nqabile kunamarubi:
A ziko izinto ozenameleyo ezi nga linganiswa nako.
16 Ubude bezinsuku bu sesandhleni sokunene sako;
Kwesokohlo ku kona ingcebo nodumo.
17 Izindhlela zako zi izindhlela zobumnandi,
Nemigudu yonke yako i ukutula.
18 Ku ngumuti wokupila kwabakubambayo:
Ba busisiwe abakuqokotelayo.
19 UJehova wa beka izisekelo zomhlaba ngokuhlakanipa;
Wa zinzisa izulu ngokuqonda.

Umvuzo wokuhlakanipa.

20 Ngokwazi kwake ototololo ba qaqabulwa,
Isibakabaka sa consa umbete.
21 Ndodana yami, ma ku nga kwebuki emehlweni ako;
Linda ukuhlakanipa okuqinisekileyo namasu:
22 Ko ba ukupila empefumulweni wako,
Nobuhle entanyeni yako.
23 Konake wo hamba ngokulondeka endhleleni yako,
Unyawo lwako a li yi kuquzuka.
24 Nxa u lala pansi, a u yi kuba novalo;
Yebo, wo lala pansi, ubutongo bako bu be mtoti.
25 U ng'esabi uvalo oluzumayo,
Nokuciteka kwamashinga, lapo ku fika:
26 Ngoba uJehova u ya kuba itemba lako,
A gcine unyawo lwako, lu nga bajwa.

27 U nga ba nqabeli nokuhle aba nelungelo lako,
Nxa ku semandhleni esandhla sako ukukwenza.
28 U nga ti ku makelwane wako,
Hamba, wo buya u buye,
Ngi ya kukunika ngomuso;
Nxa ku kona kuwe.
29 U nga cebi okubi ngomakelwane wako,
Loku e hlezi ngokulondeka nawe.
30 U nga pikisani nomuntu ngeze,
E nga kwone nga luto.
31 U nga m feli umona umuntu o isidhlova,
U nga keti nanye yezindhlela zake,
32 Ngokuba o isigwegwe u icilo ku Jehova;
Kepa ubuhlobo bake bu kubo abaqoto.
33 Isiqalekiso si ka Jehova si sendhlini yeshinga;
Kepa u ya busisa ikaya labalungileyo.
34 Impela abatekuli u ya ba tekulela;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Uyise u ncenga amadodana ukuba a hambe ngokuhlakanipa.

Kepa abatobileyo u ya ba nika umusa.
35 Abahlakanipileyo bo lu dhl' ubufa udumo;
Kepa iziwula, ihlazo li ukupakanyiswa kwazo.

4 Zwanini, madodana, ukulaya ku ka yihlo,
Ni lalele ukuze n'azi ingqondo:
2 Ngoba ngi ya ni nika imfundo enhle;
Umteto wami ni nga wu shiyi.
3 Ngoba nga ngi indodana ku baba,
Etambileyo, eyodwa emehlweni ka mame.
4 Wa ngi fundisa, wa ti kimi:
Inhliziyo yako ma i qokotele amazwi ami;
Gcina imiyalo yami, u pile;
5 Zuza ukuhlakanipa, zuza ingqondo;
U nga kohlwa, u nga cezuki emazwini omlomo wami;
6 U nga ku shiyi, ko ku gcina;
Ku tande, ko ku londa.
7 Into enkulu ukuhlakanipa; ngako zuza ukuhlakanipa;
Yebo, ngako konke ukuzuza kwako, zuza ingqondo.
8 Ku kulise, ko ku pakamisa;
Ku ya kukudumisa, nxa u ku gona.
9 Ko nika ikanda lako iqele lobuhle;
Umqele wokuvunula ko ku nikeza wona.

10 Yizwa ndodana yami, wamukele ukusho kwami;
Ko ti i be miningi iminyaka yokuhamba kwako.
11 Ngi ku yalele indhlela yokuhlakanipa;
Ngi ku hambisile emendweni e te ntse.
12 Nxa u hambayo, izinyawo zako a zi yi kunyinyeka;
Nxa u gijimayo, a u yi kukubeka.
13 Bambelela kuko ukulaywa; u nga ku yeki:
Ku londe; ngoba ku ukupila kwako.
14 U nga ngeni ohambweni lwamashinga,
U nga hambi endhleleni yababi.
15 Yi gweme, u nga dhluli ngayo;
Cezuka kuyo, u dhlule.
16 Ngoba ka ba lali, kupela se be kwenzile okubi;
Ba putelwa ubutongo babo, nxa be nga kubekisanga muntu.
17 Ngoba ba dhla isinkwa sobushinga,
Ba puza iwayini lobudhlova.
18 Kepa uhambo lwabalungileyo lu njengokukanya kwokuntwela,
Oku ya ngokukanya njalo ku ze ku be imini enkulu.
19 Indhlela yamashinga i njengobumnyama:
A wa kwazi loko a kubeka kuko.

20 Ndodana yami, lalela amazwi ami;
U tobisele indhlebe yako kuzo izinkulumo zami.
21 A zi nga kwebuki emehlweni ako;
Zi gcine pakati kwenhliziyo yako.
22 Ngokuba zi ukupila kubo abazifumanayo,
Zi impilo enyameni yonke yabo.
23 Linda inhliziyo yako nga pezu kwako konke okugcinayo;
Ngokuba kuyo ku kona imitombo yokupila.
24 Susa kuwe umlomo oxabileyo,
Nezindebe ezi isigwegwe zi dedisele kude kuwe.
25 Amehlo ako ma ka bheke pambili,
Nezinkope zako ma zi ti nzo nga pambi kwako.
26 Hlelemba umendo wezinyawo zako,
Zi qiniswe zonke izindhlela zako.
27 U nga cezukeli nga kwesokunene, na nga kwesokohlo:
Susa unyawo lwako ebubini.

5 Ndodana yami, lalela ukuhlakanipa kwami;
U yi tobisele indhlebe yako ekuqondeni kwami:
2 Ukuba u gcine amasu,
Umlomo wako u londe ukwazi.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ingozi ya lowo o landela unondindwa neyokumelela. Ubuvila.

3 Ngoba izindebe zomlomo wowesifazana ondindayo zi ya tonsa uju,
Nomlomo wake u bushelezi kunamafuta:
4 Kepa ekupeleni kwake u ya baba njengomhlonyane,
U bukali njengenkemba e kudhla kubili.
5 Izinyawo zake zi y'ehlela ekufeni;
Izinyatelo zake zi bambelela eSheoli;
6 Njaloke a ka hambi ngohambo oluhlelenjiweyo lokupila:
Imendo yake i ya zulazula, e ng'azi.

7 Kalokuke madodana ami, ngi zweni,
Ni nga suki emazwini omlomo wami.
8 Dedisela kude naye indhlela yako,
U nga sondeli emnyango wendhlu yake;
9 Funa u nike abanye ukutuseka kwako,
N'o nonya iminyaka yako;
10 Funa abafokazi ba sutiswe isitukutuku sako,
Ukushikashikeka kwako ku be sendhlini yowezizwe,
11 U gqihe ekupeleni kwako,
Nxa ku qedwa umzimba wako nenyama yako,
12 U ti, Yeka ukuzonda kwami ukulaywa,
Nokudelela kwenhliziyo yami ukusolwa;
13 Futi a ngi lalelanga izwi labangifundisayo,
A ngi tobisanga indhlebe yami kubo abangilulekayo!
14 Nga cish'ukuba sebubini bonke
Pakati kwombutano nenhlangano.

15 Puza amanzi kowako umgodi,
Nezifufula zamanzi ezi puma kowako umtombo.
16 Izipetu zako nga zi palalele ngapandhle yini,
Nemifula yamanzi ezigcawini na?
17 A i be ngeyako wena wedwa,
I nga bi eyabafokazi aba kuwe.
18 Umtombo wako ma u busiswe;
U tokoze ku mkako wobusha bako.
19 Njengendhluzelekazi e notando negogokazi elihle,
Amabele ake ma ka ku delise zonke izikati;
U dakwe njalo ukumtanda yena.
20 Yini ndodana yami ukuba u dakiswe owesifazana ondindayo,
U gone isifuba si ka nondindwa na?
21 Ngoba izindhlela zomuntu zi pambi kwamehlo ka Jehova;
Imendo yonke yake u ya yi hlelemba.
22 Ishinga li ya kubajwa ububi balo,
Lo qokotelwa izintambo zokwona kwalo.
23 Li ya kufa lona ngokuswela ukulaywa;
Na ngobuningi bobupukupuku balo li ya kweduka.

6 Ndodana yami, nxa u melele umakelwane wako,
U nike isandhla ngomfokazi;
2 U su cushiwe ngamazwi omlomo wako,
U bajiwe amazwi omlomo wako.
3 Yenza loku pela, ndodana yami, u z'opule,
Loku u ngenile esandhleni somakelwane wako:
Hamba u zibeke pansi, u belesele umakelwane wako;
4 U nga niki amehlo ako ubutongo,
Nezinkope zako ukozela;
5 Z'opule njengensepe esandhleni sepisi,
Na njengenyoni esandhleni somtiyi.

6 Yana entutaneni, vilandini;
U bhekisise izindhlela zayo, u hlakanipe;
7 Yona e ti i nge na mholi,
Na nduna, na mbusi,
8 Ehlobo i zilungisela isinkwa sayo,
Ngesikati sokuvuna i bute ukudhla kwayo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku xwayiswa ngokushinga na ngokupinga.

9 We, vilandini, wo lala ku ze ku be nini?
Wo vuka nini ebutongweni bako na?
10 Ubutongo obuncane, ukozela okuncane,
Ukukwixa kancane izandhla ku ze ku lalwe:
11 Ko ti ubupofu bako bu fike njengesigcwelegcwele,
Nokuswela kwako njengendoda e pete isihlangu.
12 Ngumuntu o ihatanga, umuntu omubi,
Yena o hamba e nomlomo oxabileyo;
13 E qikiza ngamehlo ake, e kuluma ngezinyawo zake,
E komba ngeminwe yake;
14 Oku kona enhliziyweni yake ubupoxo,
U ceba okubi ngezikati zonke,
U hlwanyela ingxabano.
15 Ngako amahlekelele ake a ya kufika ngokuzuma;
Ngokupazima kweso u ya kwapulwa, ku nga biko ukupiliswa.
16 Zi kona izinto ezi isitupa azizondayo uJehova;
Yeboke, ezi isikombisa ezi icilo kuye:
17 Amehlo acililikayo, nolimi lwamanga,
Nezandhla ezi palaza igazi eli msulwa;
18 Inhliziyo e ceba amacebo okubi,
Izinyawo ezi nejubane ukugijimela ebubini,
19 Ufakazi wamanga o pafuza inkohliso,
Nohlwanyela ingxabano pakati kwabazalwane.

20 Ndodana yami, londa umyalo ka yihlo,
U nga deli umteto ka nyoko:
21 Ku bopele enhliziyweni yako njalonjalo;
Ku tekelezele entanyeni yako.
22 Nxa u hamba, ko ku hola;
Nxa u lala, ko ku linda;
Nxa u papama, ko kuluma nawe.
23 Ngoba umyalo u isibani; nomteto u inkanyiso;
Izinsolo zokulaya zi indhlela yokupila:
24 Ukuze u gcinwe kowesifazana omubi,
Ekutopeni kwolimi lu ka nondindwa.
25 U nga kanuki ubuhle bake enhliziyweni yako,
U nga tatwa izinkope zake.
26 Ngoba ngenxa yesifebe umuntu u ya swela neqashana lesinkwa;
Umpingikazi u ya zingela ukupila okunqabileyo.
27 Umuntu a nga tabata umlilo a wu fake esifubeni sake,
Izingubo zake zi nga shi na?
28 U kona o nga hamba pezu kwamalahle avutayo,
Izinyawo zake zi nga hanguki na?
29 U njalo yena o ngena ku mfazi womakelwane wake;
Yena omtintayo a ka yi kuba msulwa.
30 Abantu a ba deli isela, nxa l'eba
Ukusutisa umpefumulo walo li lambile;
31 Kodwa uma li funyanwa, lo koka kakombisa;
Yonke impahla yendhlu yalo lo yi kipa.
32 O pinga nomfazi u swela ingqondo:
Wenza loku o tanda ukububisa umpefumulo wake.
33 U ya kufumana imivimbo nehlazo;
Isihlamba sake a si yi kuhlangulwa.
34 Ngokuba isikwele si ukufuteka kwendoda;
A i yi kuyeka ngosuku lokupindisela.
35 A i yi kunaka sihlaulelo neze;
A i yi kwaneliswa noma wandisa izipo.

7 Ndodana yami, gcina amazwi ami,
U bekelele imiyalo yami kuwe.
2 Gcina imiyalo yami, u pile;
Nomteto wami njengenhlamvu yeso lako.

Digitized By UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ubuwula bo cushwa onondindwa.

3 Ku bopele eminweni yako;
Ku lobe esibhebheni senhliziyo yako.
4 Yiti ekuhlakanipeni, Wena u ngudade wetu;
U bize ingqondo ngokuti isihlobokazi:
5 Ukuze u gcinwe iko kowesifazana ondindayo,
Na kuye unondindwa otopayo ngamazwi ake.
6 Ngokuba esibukweni sendhlu yami
Nga lunguza pakati kwamahele ami;
7 Nga buka pakati kwemipupe,
Nga bona pakati kwabasha,
Insizwa e swele ingqondo,
8 I dhlula ngendhlela eduze negumbi lake;
Ya vakasha ngendhlela e ya endhlini yake;
9 Se ku swelela, kusihlwa,
Pakati kwobusuku na sebumnyameni.
10 Bhekake, owesifazana wa hlangana nayo
O wembatise okwesifebe, e nenhliziyo yobuqili.
11 (U nomsindo, u nenkani;
Izinyawo zake a zi hlali endhlini yake:
12 Manje u sezitaladini, nangu futi ezigcawini,
U qamela nga semagumbini onke.)
13 Wa s'e yi bamba, wa y'anga,
Wa twal'amehlo, wa ti kuyo:
14 Imihlatshelo yeminikelo yokutula i kimi;
Namhla ngi fezile izitembiso zami.
15 Ngakoke ngi pumile ukukuhlangabeza,
Ukufunisisa ubuso bako, se ngi ku tolile.
16 Ng'endhlele ukuko lwami ngezintofontofo,
Ngezingubo ezi nemishwe zomaluko wa sEgipite.
17 Ngi qolile umbede wami
Ngemure, nenhlaba, nekinemon.
18 Wozake, ma si zidelise ngotando ku ze ku se,

Ku memeza ukuhlakanipa.

Si jaje ngotando.
19 Ngoba indoda a yiko ekaya;
I hambile uhambo olude:
20 I tabate isikwama semali ngesandhla sayo,
Yo buyela ekaya ekuhlanganeni kwenyanga.
21 Ngobuqapuqapu bake wa yi vumisa,
Ngokutopa kwomlomo wake wa yi dudula.
22 I ya m landela masinyane,
Njengenkomo e ya ekuhlatshweni,
Njengaye o boshwe ngozankosi e ya ekulayweni kwezipukupuku;
23 I ze i hlatshwe ngomcibisholo esibindini sayo;
Njengenyoni i sheshela ogibeni,
I ng'azi ukuba lu bekelwe ukuyibulala.

24 Kalokuke madodana ami, ngi zweni,
Ni lalele amazwi omlomo wami.
25 Inhliziyo yako ma i nga cezukeli ezindhleleni zake;
U ng'eduki ngemigudu yake.
26 Ngoba u wise abaningi abakutshaziweyo:
Yebo, bonke ababuleweyo bake ba ibandhla elikulu.
27 Indhlu yake i indhlela e ya eSheoli,
Eukela emakamelweni okufa.

8 Ukuhlakanipa a ku memezi na?
Nokuqonda a ku pumisi izwi lako na?
2 Esiqongweni sezindawo ezipakemeyo nga sendhleleni,
Lapo ku hlangana izindhlela, ku y'ema kona;
3 Nga semasangweni, nga sekupumeni kwomuzi,
Ekungeneni kweminyango ku y'enanela, ku ti,
4 Ngi ya memeza kinina, bantu;
Izwi lami li ku madodana abantu.
5 Nina mipupe, qondani ni kalipe;
Nina ziwula ma ni be nenhliziyo eqondileyo.
6 Zwanini, ngokuba ngo kuluma izinto ezinhle kakulu;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukuhlakanipa ku ya zincoma. Ukumakade kwako.

Ukuvulwa kwezindebe zomlomo wami ko ba ngokute ntse.
7 Ngokuba umlomo wami wo shumayela iqiniso;
Ukushinga ku icilo ezindebeni zomlomo wami.
8 Onke amazwi omlomo wami a sekulungeni,
A ku konto ku wona yobuqwengu nexabileyo.
9 A sobala onke ku yena oqondayo,
A te ntse ku bona aba tola ukwazi.
10 Yamukelani ukulaya kwami, ku nga bi isiliva;
Nokwazi kunegolide elicolekileyo eliketiweyo.
11 Ngokuba ukuhlakanipa ku kuhle kunamarubi;
Nezinto zonke ezi ng'enamelwa a zi na kulinganiswa nako.
12 Mina kuhlakanipa, ng'enzile ubuqili bu be ikaya lami,
Ngi ya tola ukwazi namasu.
13 Ukumesaba uJehova ku ngukuzonda okubi:
Ukuzidhla, nokuzikukumeza, nendhlela embi,
Nomlomo wobupoxo, ngi ya wu zonda.
14 Ukululeka ku kimi, nokuhlakanipa okuqinisekileyo:
Ngi ngukuqonda; ubuqwaga bu kimi.
15 Amakosi a busa ngami,
Nababusi ba misa ukulunga.
16 Izikulu zi busa ngami,
Namakosana, nabahluli bonke bomhlaba.
17 Ngi ya ba tanda abangitandayo;
Yibona abangifunisisayo aba ya kungitola.
18 Ingcebo nodumo ku kimi;
Ukunota okumiyo nokulunga.
19 Isitelo sami sihle kunegolide, yebo, kunegolide elihle;
Nenzuzo yami kunesiliva eliketekileyo.
20 Ngi hamba ohambweni lokulunga,
Pakati kwemigudu yokwahlulela.
21 Ukuze ng'enze abangitandayo ba ku dhl'ubufa oku ikonakona,
Ngi gcwalise izindhlu zabo zengcebo.

22 UJehova wa ngi dabula ngi ukuqala kwendhlela yake,
I nga ka biko imisebenzi yake yamandulo.
23 Kwa pakade nga miswa kwa sekuqaleni,
Umhlaba u nga ka biko.
24 Lu nga ka biko ulwandhle, nga zalwa,
I nga ka biko imitombo e vame amanzi.
25 Zi nga ka gxiliswa izintaba,
E nga ka biko amagquma, nga zalwa;
26 E nga ka w'enzi umhlaba, namazwe,
Nokuqala kwotuli lwezwe.
27 Ekulungiseni kwake amazulu, nga ngi kona mina:
Ekuyingilizeni kwake ngomudwa ebusweni bolwandhle,
28 Ekusimamiseni kwake isibakabaka ngapezulu,
Ekuqiniseni kwake imitombo yolwandhle,
29 Ekumiseleni kwake ulwandhle umudwa,
Ukuze amanzi a ng'eqi izwi lake,
Ekumiseni kwake izisekelo zomhlaba;
30 Nga ngi naye ngi ingcweti yomsebenzi;
Imihla ngemihla nga ngi ukwetaba kwake,
Ngi dhlala pambi kwake ngezikati zonke,
31 Ngi dhlala ezweni lake elakiweyo;
Ukwetaba kwami kwa ku kanye namadodana abantu.

32 Ngakoke, ngi zweni madodana ami;
Ngokuba ba busisiwe aba gcina izindhlela zami.
33 Yizwani ukulaya, ni hlakanipe,
Ni nga ku nqabi.
34 U busisiwe ongizwayo,
E linda imihla ngemihla nga semasangweni ami,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukumema kwokuhlakanipa nokwowesifazana omubi.

E hlalela nga sezinsikeni zeminyango yami.
35 Ngokuba ongitolayo, u tola ukupila,
A zuze isisa ku Jehova.
36 Kepa owonayo kimi u ya limaza umpefumulo wake:
Bonke abangizondayo ba tanda ukufa.

9 Ukuhlakanipa ku y'akile indhlu yako,
Ku zi bazile izinsika zako ezi isikombisa:
2 Ku zi hlabile izilwane zako; ku li xubanisile iwayini;
Ku li lungisile itafula lako:
3 Ku tumile izintombi zako;
Ezindaweni ezipakemeyo zomuzi, ku ya memeza ukuti,
4 Lowo o umpupe, ma ka pambukele lapa:
O swele ingqondo, ku ti kuye,
5 Wozani ni dhle kokwami ukudhla,
Ni puze iwayini engilixubanisileyo.
6 Yekani, mipupendini, ni pile;
Ni hambe endhleleni yokuqonda.

7 O laya isitekuli u zitabatela ihlazo;
O sola ishinga, u tola isici.
8 U nga soli isitekuli, funa si ku zonde:
Sola ohlakanipileyo, wo ku tanda.
9 Luleka ohlakanipileyo, u ya kuhlakanipa kakulu:
Fundisa olungileyo, u ya kwengeza imfundo.
10 Ukuqala kwokuhlakanipa ku ngukumesaba uJehova;
Ukwazi .Ongcwele ku ngukuqonda.
11 Ngokuba ngami izinsuku zako zi ya kwanda,
Neminyaka yokuhamba kwako yengezwe.
12 Uma u hlakanipa, u ya zihlakanipela,
Uma u tekula, wo ku twala wena wedwa.

13 Umfazi owulazayo u nomsindo;
U ngumpupe, a k'azi luto.
14 U hlezi nga semnyango wendhlu yake,
Esihlalweni ezindaweni ezipakemeyo zomuzi,
15 Ukuba a bize aba dhlula ngendhlela,
Aba qonda ba ti ntse emihambweni yabo, e ti:
16 Lowo o umpupe ma ka pambukele lapa;
No swele ingqondo, u ti kuye,
17 Amanzi ebiweyo a mtoti,
Nesinkwa esidhliwayo esita si mnandi.
18 A k'azi ukuba izitunzi zi kona lapo;
Abamenywa bake ba sekujuleni kweSheoli.

10 Izaga zi ka Solomon.

Indodana ehlakanipileyo i tokozisa uyise;
Kepa indodana e isiwula i usizi ku nina.
2 Ingcebo yobushinga a i sizi luto;
Kepa ukulunga ku y'opula ekufeni.
3 UJehova ka yi kuvuma ukuba umpefumulo wolungileyo u fe indhlala;
Kodwa imfiso yababi u ya yi hlohloloza.
4 U ba mpofu yena o sebenza ngesandhla esi isidenge;
Kodwa isandhla sokuteleyo si ya cebisa.
5 Obutayo ehlobo, u indodana ehlakanipileyo;
Kepa o zumeka ubutongo ngesikati sokuvuna u indodana ehlazisayo.
6 Izibusiso zi pezu kwekanda lolungileyo;
Kepa ubudhlova bu mboza umlomo wamashinga.
7 Ukukunjulwa kwolungileyo ku busisiwe;
Igama lababi lo bola.
8 O nhliziyo yake i hlakanipile u ya kwamukela imiyalo;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izaga ezi qatanisa uhambo lwabalungileyo nolwababi.

Kepa isipukupuku esiposhozayo si ya kuwa.
9 O hamba ngokupelela u hamba e londekile;
Oxabileyo ngezindhlela zake, u ya kwaziwa.
10 O qikiza ngeso lake u banga ubuhlungu;
Isiwula esiposhozayo si ya kuwa.
11 Umlomo wolungileyo u ngumtombo wokupila;
Kepa ubudhlova bu mboza umlomo wamashinga.
12 Inzondo i ya vusa izingxabano;
Utando lu ya sibekela izipambuko zonke.
13 Ukuhlakanipa ku funyanwa emlonyeni woqondileyo;
Induku ngeyomhlana wake o swela ingqondo.
14 Abahlakanipileyo ba ya bekelela ukwazi;
Kepa umlomo wesipukupuku u incitakalo e seduze.
15 Ukunota kwesicebi ku umuzi waso oqinileyo:
Oku cita abampofu ku ubupofu babo.
16 Umsebenzi wolungileyo u bhekisa ekupileni;
Ukucuma kweshinga ku bhekisa ekwoneni.
17 U sohambweni lokupila lowo o naka ukulaywa;
O nqaba ukusolwa, u y'eduka.
18 O fihla inzondo u nomlomo o namanga;
O pumisa isihlebo u isiwula.
19 Ebuningini bamazwi, a ku sweleki isipambuko;
O nqanda umlomo wake u hlakanipile.
20 Ulimi lolungileyo lu isiliva eliketekileyo:
Inhliziyo yamashinga i ngangokuncinyane.
21 Umlomo wolungileyo u ya pa abaningi;
Izipukupuku zi ya fa ngokuswela ingqondo,
22 Isibusiso si ka Jehova, si ya cebisa;
A k'engezi ubuhlungu ngaso.
23 Ku njengokudhlala kuso isiwula ukwenza amanyala;
Ku njalo ukuhlakanipa ku muntu oqondileyo.
24 Loko eli nenqe ngako ishinga ku ya kulifikela;
Oku fiswa olungileyo ku ya kuvunyelwa.
25 Nxa ku dhlula isivunguvungu, ishinga a li seko,
Kepa olungileyo u isisekelo esimiyo ku ze ku be nini.
26 Njengoviniga emazinyweni, na njengomusi emehlweni,
Li njalo ivila ku bona abalitumayo.
27 Ukumesaba uJehova ku ya z'elula izinsuku;
Kepa iminyaka yamashinga i ya kufinyezwa.
28 Itemba lolungileyo lo ba intokozo;
Loko amashinga a ncika ngako ko buba.
29 Indhlela ka Jehova i inqaba kopeleleyo;
I incitakalo kubo aba sebenza okubi.
30 Olungileyo a ka yi kunyakaziswa na nini;
Kepa amashinga ka yi kuhlala ezweni.
31 Umlomo wolungileyo u ya veza ukuhlakanipa;
Ulimi lobupoxo lu ya kunqunywa.
32 Izindebe zomlomo wolungileyo zi ya kwazi okwamkelekayo;
Umlomo wamashinga u nobupoxo.

11 Isikalo senkohliso si icilo ku Jehova;
Isisindo esipeleleyo si ya m kola.
2 Nxa ku fika ukuziqenya, ku fika nehlazo;
Kepa kwabatobileyo ku kona ukuhlakanipa.
3 Ukupelela kwabaqoto ku ya kubahola;
Ubupecepece kwaba ndimimbili bu ya kubaqotula.
4 Ukunota a ku sizi luto ngosuku lwentukutelo;
Ukulunga ku y'opula ekufeni.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izaga ezi qatanisa uhambo lwabalungileyo nolwababi.

5 Ukulunga kwopeleleyo ko qondisa ntse indhlela yake;
Ishinga li ya kuwa ngokushinga kwalo.
6 Ukulunga kwabaqoto ku ya kubopula;
Aba ndimimbili ba ya kubajwa ebubini babo.
7 Ekufeni kwomuntu o ishinga loko a ncika ngako ku ya kububa;
Netemba lobubi li ya buba.
8 Olungileyo u ya kululwa osizini;
Ishinga li ngene esikundhleni sake.
9 Ngomlomo waso isixwala si bubisa umakelwane waso;
Kepa abalungileyo ba ya kukululwa ngokwazi.
10 Nxa be hlezi kahle abalungileyo; umuzi u yetaba;
Na nxa e buba amashinga, ku kona ukwenanela.
11 Ngokubusisa kwabaqoto umuzi u ya pakanyiswa;
U ya dilizwa ngomlomo wamashinga.
12 O weyisa umakelwane wake u swela ingqondo;
Kepa umuntu oqondayo u ya tula.
13 O hambahamba e nceteza u y'ambula izimfihlakalo;
Kepa otembekayo emoyeni u ya yi sibekela indaba.
14 Lapo ku ngeko abaqondisi abantu ba ya wa;
Ngobuningi babalulekayo ku kona ukusinda.
15 O melela umfokazi wo shoshozelwa iko;
Kodwa o zonda ukunikana izandhla u londekile.
16 Owesifazana o nomusa u zuza udumo;
Abadhlangaleleyo ba zuza ingcebo.
17 Umuntu o nesihau w'enzela umpefumulo wake okuhle;
O nonya u hlupa inyama yake.
18 Ishinga li hola inkokelo yenkohliso;
O hlwanyela ukulunga, u nomvuzo oqinisekileyo.
19 Yena o qinile ekulungeni u ya kufinyelela ekupileni;
O landela okubi ko ba ukufa kwake.
20 Abaxabileyo enhliziyweni ba icilo ku Jehova;
Abapeleleyo endhleleni yabo ba ya m kola.
21 Nempela ngeke omubi enziwe msulwa;
Kepa inzalo yabalungileyo yo sinda.
22 Njengesivunulo segolide empumulweni yengulube,
U njalo owesifazana omuhle o swela ukuqikekela.
23 Oku fiswa abalungileyo ku okuhle kupela;
Kepa itemba lamashinga li intukutelo.
24 Ku kona osapazayo, noko engeza njalo ku loko a nako;
Ku kona ogodhlayo kakulu kunokufaneleyo, ku bange ukuswela kupela.
25 Umpefumulo opanayo u ya kukulupaliswa,
Onetisayo wo netiswa naye.
26 O nqaba namabele, abantu ba ya kumqalekisa;
Kepa isibusiso so ba pezu kwekanda lake o tengisa ngawo.
27 O funisisa okuhle u funa isisa;
O pendhla okubi ku ya kufika kuye.
28 O temba ingcebo yake, u za kuwa;
Abalungileyo bo hluma njengeqabunga.
29 O hlupa indhlu yake, u ya kudhla ifa lomoya;
Isipukupuku so ba isigqili kuye o nenhliziyo ehlakanipileyo.
30 Isitelo solungileyo si umuti wokupila;
Ohlakanipileyo u zuza imipefumulo.
31 Bheka, olungileyo u ya kukokelwa emhlabeni;
Kakulu kangakanani ishinga nesoni!

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izaga ezi qatanisa uhambo lwabalungileyo nolwababi.

12 O tanda ukulaywa u tanda ukwazi;
O zonda ukusolwa u isituntusha.
2 Olungileyo wo tola umusa ku Jehova;
Umuntu wamacebo u ya kulahlwa uye.
3 Umuntu a ka yi kuzinza ngokushinga;
Kepa impande yabalungileyo a i yi kunyakaziswa.
4 Owesifazana ovileyo u umqele kuyo indoda yake;
Ohlazisayo u njengokubola kwamatambo ayo.
5 Izizindhlo zabalungileyo zi ezokwahlulela;
Amasongozo amashinga a inkohliso.
6 Amazwi amashinga a ngawokuqamela igazi;
Umlomo wabaqoto u ya kubopula.
7 Amashinga a ya gumbuqelwa, a nga biko;
Kepa indhlu yolungileyo i ya kuma.
8 Umuntu u ya kudunyiswa ngokwokuhlakanipa kwake;
Kodwa o nenhliziyo yobupoxo u ya kweyiswa.
9 O shaywa imbuqa e nenceku, u ngcono
Kunaye ozidumisayo e swela ukudhla.
10 Olungileyo wazelela ukupila kwesilwane sake;
Isihe samashinga si unya.
11 O lima umhlabati wake wo suta ukudhla;
O landela amayiyane u swela ingqondo.
12 Ishinga li ya fisa ineta lababi;
Impande yabalungileyo i ya tela.
13 Ngokupambuka kwomlomo ku kona isihibe komubi;
Kepa olungileyo wo puma osizini.
14 Umuntu u ya kusuta okuhle ngesitelo somlomo wake;
Imfanelo yezandhla zomuntu i ya kubuyiselwa kuye.
15 Indhlela yesipukupuku i te ntse emehlweni aso;
Ohlakanipileyo u lalela ukululekwa.
16 Ukucunukala kwesipukupuku kwaziwa nga leyo mini;
Kepa umuntu osangulukileyo u ya sibekela ihlazo.
17 O pefumula iqiniso, u ya veza ukulunga;
Ufakazi wamanga, u veza inkohliso.
18 Ku kona opahlukayo njengokuhlaba kwenkemba;
Kodwa ulimi lwabahlakanipileyo lu impiliso.
19 Umlomo weqiniso u ya kuqiniswa ku ze ku be nini;
Kepa ulimi lwamanga olokupazima kweso.
20 Inkohliso i sezinhliziyweni zaba ceba okubi;
Kodwa kwaba luleka ngokutula ku kona intokozo.
21 Abalungileyo a ba yi kwehlelwa okubi;
Kodwa amashinga a ya kugcwala ububi.
22 Imilomo yamanga i icilo ku Jehova;
Ab'enza iqiniso ba ya m kola.
23 Umuntu osangulukileyo u ya sibekela ukwazi;
Inhliziyo yeziwula i ya memezela ubupukupuku.
24 Isandhla sabakuteleyo so busa;
Izidenge zi ya kuhxanyelwa umsebenzi.
25 Ukupiseka enhliziyweni yomuntu ku ya yi kotamisa;
Izwi elihle li ya yi tokozisa.
26 Olungileyo u ngumholi womakelwane wake;
Indhlela yamashinga i ya w'edukisa.
27 Isidenge a si y'osi inyamazane yaso;
Kepa impahla enqabileyo yabantu ngeyokuteleyo.
28 Ohambweni lokulunga, ku kona ukupila;
Na semgudwini wendhlela yako a kuko ukufa.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izaga ezi qatanisa uhambo lwabalungileyo nolwababi.

13 Indodana ehlakanipileyo i y'ezwa ukulaya ku ka yise;
Kepa isitekuli a si zwa ukukuzwa.
2 Umuntu u ya kudhla okuhle ngesitelo somlomo wake;
Kodwa umpefumulo waba ndimimbili u ya kudhla ubudhlova.
3 O linda umlomo wake, u ya gcina ukupila kwake;
O kamisa kakulu izindebe zomlomo wake, wo ba nokuciteka.
4 Umpefumulo wevila u ya fisa, u nga toli luto;
Umpefumulo wabakuteleyo wo kulupaliswa.
5 Olungileyo u ya zonda indaba yamanga;
Ishinga l'enza okunukayo oku banga izinhloni.
6 Ukulunga ku ya m linda ondhlela yake i pelele,
Ubushinga bu penula isoni.
7 Ku kona o zishaya ocebileyo, e nge na luto;
Ku kona o zishaya ompofu, e nokunota okukulu.
8 Isihlaulelo sokupila kwomuntu si ingcebo yake;
Ompofu a k'ezwa ukusongelwa.
9 Ukukanya kwolungileyo ku ya tokoza;
Isibani samashinga si ya kucinywa.
10 Ngokuziqenya ku vela ingxabano kupela;
Kubo aba vuma ukululekwa ku kona ukuhlakanipa.
11 Ukunota oku tolakala kalula ko ncipa;
Okubutayo ngesitukutuku, u ya kukwandisa.
12 Itemba elilitshazisiweyo li ya gulisa inhliziyo;
Nxa okufiswayo se ku fikile, ku ngumuti wokupila.
13 Oweyisa izwi u leta ukubujiswa pezu kwake;
Owesaba umyalo wo vuzwa.
14 Umteto wohlakanipileyo u ngumtombo wokupila,
Ukuze ku dedwe kuzo izihibe zokufa.
15 Ukuqonda kahle ku ya tolisa umusa;
Kepa indhlela yaba ndimimbili i lukuni.
16 Bonke abasangulukileyo b'enza ngokwazi;
Isiwula si y'eneka ubupukupuku baso.
17 Isigijimi esi ishinga si wela ebubini;
Inxusa elitembekayo li ya pilisa.
18 Ubumpofu nehlazo ko ba kuye o nqaba ukulaywa,
Yena o nakekela ukusolwa wo dunyiswa.
19 Imfiso efeziweyo i mtoti empefumulweni;
Kodwa ku icilo eziwuleni ukusuka ebubini.
20 Hamba nabahlakanipileyo, wo hlakanipa;
Kodwa umngane weziwula wo shoshozelwa iko.
21 Okubi ku landela izoni;
Kodwa abalungileyo ba ya kuvuzwa ngokuhle.
22 Olungileyo u shiyela abantwana babantwana bake ifa;
Imfuyo yesoni i bekelelwa olungileyo.
23 Ku kona ukudhla okuningi emqatweni wabampofu;
Kodwa ku kona oku qedwa ngenxa yempato embi.
24 O yeka uswazi, u zonda indodana yake;
Oyitandayo u ya yi laya ngesineke.
25 Olungileyo u dhla a ze a sutise umpefumulo wake;
Kepa isisu samashinga si ya kuswela.

14 Wonke owesifazana ohlakanipileyo waka indhlu yake;
Isipukupuku si ya yi diliza ngezaso izandhla.
2 O hamba ngobuqoto bake wesaba uJehova;
O isigwegwe ezindhleleni zake, u ya m eyisa.
3 Emlonyeni wesipukupuku i kona intonga yokuzidhla kwaso;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izaga ezi qatanisa uhambo lwabalungileyo nolwababi.

Izindebe zemilomo yabahlakanipileyo zo ba gcina.
4 Lapo zi ngeko izinkomo, umkombe u ze;
Kepa ukucuma okukulu ku vela ngamandhla enkabi.
5 Ufakazi otembekayo a ka yi kuqamb'amanga;
Ufakazi wamanga u ya pafuza amanga.
6 Isitekuli si funa ukuhlakanipa, si nga ku toli;
Kepa ukwazi ku lula koqondayo.
7 Yana pambi kwomuntu o isiwula,
A u soze wa bona kuye umlomo wokwazi.
8 Ukuhlakanipa kwosangulukileyo ku ngukuqonda indhlela yake;
Ubupukupuku beziwula bu inkohliso.
9 Umnikelo wecala u tekulela amashinga;
Kepa pakati kwabaqoto ku kona isisa.
10 Inhliziyo i y'azi umunyu wayo;
Umfokazi ka zigaxi enjabulweni yayo.
11 Indhlu yamashinga i ya kushabalaliswa;
Itente labaqoto li ya kuqakaza.
12 I kona indhlela okungatiti i te ntse ku muntu;
Kepa ukupela kwayo ku izindhlela zokufa.
13 Na sekuhlekeni inhliziyo i nobuhlungu;
Ukupela kwokwesasa ku lusizi.
14 Ohlehlayo ngenhliziyo wo suta ezake izindhlela;
Olungileyo wo suta ezake izenzo.
15 Umpupe u ya kolwa amazwi onke;
Osangulukileyo u ya qonda ukunyatela kwake.
16 Ohlakanipileyo u y'esaba, a dede kuko okubi;
Isiwula si ya qolosha, si ya z'etemba.
17 Isififane s'enza ubupukupuku;
Umuntu wamacebo u ya zondwa.
18 Imipupe i dhla ifa lobupukupuku;
Abasangulukileyo ba qeliswa ngokwazi.
19 Ababi ba kotama pambi kwabamnene;
Namashinga emasangweni olungileyo.
20 Ompofu u ya zondwa na umakelwane wake;
Kepa aba tanda isicebi ba ningi.
21 O weyisa umakelwane wake u y'ona;
O nomusa kwabampofu u busisiwe.
22 Angiti ba y'eduka aba ceba okubi?
Kepa isihau neqiniso ko ba kubo aba ceba okulungileyo.
23 Ukushikashikeka konke ku veza insada;
Inkulumo yomlomo i banga ukuswela kupela.
24 Umqele wabahlakanipileyo u ingcebo yabo;
Ubupukupuku beziwula bu ubupukupuku nje.
25 Ufakazi oqinisekileyo u y'opula imipefumulo;
Kepa o pafuza amanga wenza inkohliso.
26 Ekumesabeni uJehova ku kona itemba eliqinileyo;
Abantwana bake bo ba nesipepelo.
27 Ukumesaba uJehova ku ngumtombo wokupila,
Ukuze ku dedwe ezihibeni zokufa.
28 Ubucwazicwazi benkosi bu sebuningini babantu;
Ukuciteka kwesikulu ku ngukungabiko kwabantu.
29 O wepuza ukutukutela u nengqondo enkulu;
Isififane si ya pakamisa ubupukupuku.
30 Inhliziyo etulileyo i ukupila kwomzimba;
Kepa umona u ngukubola kwamatambo.
31 O pata ngokahlo ompofu u capa ngenhlamba uMenzi wake;
O nomusa kuyo impabanga u ya m dumisa.
32 Ishinga li ya balakaxwa ebubini balo;
Kepa olungileyo u nesipepelo ekufeni kwake.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izaga ezi qatanisa uhambo lwabalungileyo nolwababi

33 Ukuhlakanipa ku hlezi ku tulile enhliziyweni yake oqondayo;
Kepa ku y'aziswa loko oku sembilinini weziwula.
34 Ukulunga ku ya si pakamisa isizwe;
Ukwona ku hlazisa abantu noma yibapi.
35 Isisa senkosi si kuyo inceku e yenza ngokuhlakanipa;
Intukutelo yayo i ya kuba kuye ojabisayo.

15 Impendulo etambileyo i buyisa ukufuteka;
Izwi eli buhlungu li vusa ulaka.
2 Ulimi lwabahlakanipileyo lu kipa kahle ukwazi;
Umlomo weziwula u ya kihliza ubupukupuku.
3 Amehlo ka Jehova a sezindaweni zonke,
E hlomela ababi nabalungileyo.
4 Ulimi olutulileyo lu umuti wokupila;
Kepa ubupecepece kulo bu y'apula umoya.
5 Isipukupuku si ya delela ukulaya ku ka yise;
O nakekela ukusolwa u ya sanguluka.
6 Endhlini yolungileyo ku kona ingcebo enkulu;
Kepa enzuzweni yamashinga ku kona inhlupeko.
7 Izindebe zemilomo yabahlakanipileyo zi ya sabalalisa ukwazi;
Kepa inhliziyo yeziwula a i njalo.
8 Umhlatshelo wamashinga u icilo ku Jehova;
Umtandazo wabaqoto u ya m kola.
9 Indhlela yeshinga i icilo ku Jehova;
Kepa u ya m tanda o landela ukulunga.
10 Ku kona ukulaywa oku nzima kuye o shiya uhambo;
O zonda ukusolwa u ya kufa.
11 ISheoli neAbadon ku pambi ku ka Jehova;
Po, kakulu kangakanani izinhliziyo zabantwana babantu!
12 Isitekuli a si tandi ukusolwa;
A si yi kuya kwabahlakanipileyo.
13 Inhliziyo etokozayo y'enza ubuso obuncibilikileyo;
Ngobuhlungu benhliziyo u y'apuka umoya.
14 Inhliziyo yoqondayo i funa ukwazi;
Umlomo weziwula u dhla ubupukupuku.
15 Zonke izinsuku zohlupekayo zimbi;
O nhliziyo yake yenamile u nedili njalonjalo.
16 Kuhle okuncane, kanye nokumesaba uJehova,
Kunengcebo eningi nokukatazeka kanye nayo.
17 Sihle isabelo semifino lapo ku kona utando,
Kunenkomo ekulupalisiweyo, ku kona inzondo.
18 Umuntu o nolaka u vusa ingxabano;
Yena o wepuza ukutukutela u ya lotisa inkani.
19 Indhlela yevila i njengotango lobobe;
Kepa uhambo lwabaqoto lw'enziwe lu be umendo.
20 Indodana ehlakanipileyo i tokozisa uyise;
Umuntu o isiwula u delela unina.
21 Ubupukupuku bu intokozo kuye o swela ingqondo;
Kepa umuntu oqondayo wo kwenza ku ti ntse ukuhamba kwake.
22 Uma ku ngeko ukuqondisana, amasu a ya shafa;
Kepa ngobuningi babalulekayo a ya qiniswa.
23 Umuntu u nentokozo ngempendulo yomlomo wake;
Izwi ngesikati esifaneleyo lihle kangakanana!
24 Kohlakanipileyo uhambo lokupila lu ya pezulu,
Ukuze a dede eSheoli ngapansi.
25 Indhlu yabazidhlayo uJehova wo yi sipula;
Kepa umkaulo womfelokazi wo wu misa.
26 Amacebo amabi a icilo ku Jehova;
Amazwi amnandi a cwebile.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amazwi atile ngohambo nokuzipata kwomuntu.

27 O hulazela inzuzo u ya hlupa eyake indhlu;
Kepa yena o zonda izipo u ya kupila.
28 Inhliziyo yolungileyo i ya zindhla ukupendula;
Kepa umlomo wamashinga u ya kihliza izinto ezimbi.
29 UJehova u kude namashinga;
Kepa u y'ezwa umtandazo wabalungileyo.
30 Ukukanya kwamehlo ku ya tokozisa inhliziyo
Imbiko enhle i ya kulupalisa amatambo.
31 Indhlebe e lalela ukusola kwokupila
Yo hlala pakati kwabahlakanipileyo.
32 Yena o nqaba ukulaywa u delela umpefumulo wake;
Yena o lalela ukusolwa u ya zuza ingqondo.
33 Ukumesaba uJehova ku ngukulaya kokuhlakanipa;
Udumo lu y'andulelwa ukutoba.

16 Ukuhlela kwenhliziyo ku ku muntu;
Kepa impendulo yolimi i vela ku Jehova.
2 Zonke izindhlela zomuntu zi hlanzekile emehlweni ake;
Kepa uJehova u ya linganisa imimoya.
3 Gingqela ku Jehova imisebenzi yako,
Ko ti amasu ako a qiniseke.
4 UJehova wenzile yonke into i be nomsebenzi wayo;
Yebo, neshinga u l'enzele usuku lobubi.
5 Wonke ozidhlayo enhliziyweni yake, u icilo ku Jehova:
Nempela ngeke enziwe msulwa.
6 Ngesihau na ngeqiniso ububi bu ya hlaulelwa;
Ngokumesaba uJehova abantu ba ya deda kokubi.
7 Nxa izindhlela zomuntu zi m kola uJehova
U ya z'enza nezita zake zi be nokutula naye.
8 Kuhle okuncane kanye nokulunga,
Kunenzuzo enkulu kanye nempato embi.
9 Inhliziyo yomuntu i ceba indhlela yake;
Kepa uJehova u ya qondisa ukuhamba kwake.
10 Uma izindebe zomlomo wenkosi zi kipa izwi ku njengokungati ku bhulwa umhlahlo;
Umlomo wayo a u yi kupambuka ekwahluleleni.
11 Isilinganiso nezikalo zokulunga ezika Jehova;
Izisindo zonke zesikwama zi ngumsebenzi wake.
12 Ku icilo emakosini ukwenza ubushinga;
Ngokuba isihlalo sobukosi si ya qiniswa ngokulunga.
13 Umlomo olungileyo u ya kola amakosi;
A ya tanda o kuluma oku te ntse.
14 Ukufuteka kwenkosi ku njengezigijimi zokufa;
Kepa umuntu ohlakanipileyo wo ku dambisa.
15 Ekukanyeni kwobuso benkosi ku kona ukupila;
Isisa sayo si njengefu lemvula yamva.
16 Kuhle kangakanana ukuzuza ukuhlakanipa kunegolide!
Yebo, ukuzuza ukuqonda nga ku ketwa kunesiliva.
17 Umgwaqo wabaqoto u ngukudeda ebubini;
O linda indhlela yake u ya gcina umpefumulo wake.
18 Ukuzidhla ku y'andulela ukubujiswa,
Nomoya ozikukumezayo u y'andulela ukuwa.
19 Kuhle ukuba nomoya otobileyo kanye nabampofu,
Kunokwabelana impango nabazidhlayo.
20 O wenza ngokuhlakanipa maqondana nezwi wo fumana okuhle;
Notembayo ku Jehova, u busisiwe lowo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amazwi atile ngohambo nokuzipata kwomuntu.

21 Ohlakanipileyo enhliziyweni u ya kutiwa oqondileyo;
Ubumnandi bomlomo bu y'engeza imfundo.
22 Ukuhlakanipa ku ngumtombo wokupila ku mniniko;
Kepa ukulaya kwezipukupuku ku ubupukupuku.
23 Inhliziyo yohlakanipileyo i fundisa umlomo wake,
I y'engeza imfundo ezindebeni zomlomo wake,
24 Amazwi a mnandi a njengamakekeba ezinyosi,
A mtoti empefumulweni, a impiliso ematanjeni.
25 I kona indhlela okungatiti i te ntse ku muntu,
Kepa ukupela kwayo ku izindhlela zokufa.
26 Ipango losebenzayo li ya m sebenzela;
Ngoba umlomo wake u ya m quba.
27 Umuntu o ihatanga u panda okubi;
Emlonyeni wake ku njengomlilo ohamulayo.
28 Umuntu o isipoxo u hlwanyela ingxabano;
Umcetezi wahlukanisa imihlobo.
29 Umuntu o isidhlova u wunga umakelwane wake,
A m hambise endhleleni e nga lungile.
30 O cimeza amehlo ake ku ukuba a cebe izinto ezi ubupoxo:
O luma izindebe zomlomo wake, u se fezile okubi.
31 Ubungwevu bu umqele wokuvunula;
Bo funyanwa endhleleni yokulunga.
32 O wepuza ukutukutela u ngcono kunesiqwaga;
No busa umoya wake kunaye o tata umuzi.
33 Inkato yenzelwa ematangéni;
Kepa ukwahlulela konke kwayo ku oku ka Jehova.

17 Muhle umtamo owomileyo, u kanye nokuzola,
Kunendhlu e gcwele okuhlatshiweyo, ku kona inkani.
2 Inceku ehlakanipileyo yo busa pezu kwendodana ejabisayo,
Yo ti yabelwe ifa kanye nezelamane.
3 Ukamba lokuncibilikisa ngolwesiliva, nesitando ngesegolide;
Kepa izinhliziyo zi vivinywa uJehova.
4 O wenza okubi u lalela umlomo wobubi;
O qamba amanga u beka indhlebe kulo ulimi olubi.
5 O hxolodela ompofu u capa ngenhlamba uMenzi wake;
O jabula ngamahlekelele a ka yi kwenziwa msulwa.
6 Abantwana babantwana ba umqele wabadala;
Isivunulo sabantwana si oyise babo.
7 Ukukuluma oku te qho a ku fanele isiwula;
Kakulu kangakanana umlomo wamanga a u fanele inkosana.
8 Umvuzo u itshe elinqabileyo emehlweni omniniwo;
Izindawo zonke lapo u bheke kona u ya pumelela.
9 O sibekela isipambuko u funa utando;
Kepa oyinokondisayo indaba u y'ahlukanisa imihlobo.
10 Ukukuza ku ngena shi kuye oqondayo
Kunemivimbo e ikulu kuye o isiwula.
11 Omubi u funa ukuhlubuka kupela;
Ngakoke ku ya kutunyelwa kuye isigijimi esi nonya.
12 Ku ngcono ukuba umuntu a hlangane nebere el'apuciwe amaundhlu alo,
Kunokuba a hlangane nesiwula ebupukupukwini baso.
13 O buyisa ngokubi kokuhle,
Ububi a bu yi kusuka endhlini yake.
14 Isiqalo sengxabano si njengokuvulela amanzi:

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amazwi atile ngohambo nokuzipata kwomuntu.

Ngako yeka inkani ku nga ka xatshanwa.
15 O teta ishinga, n'o lahla olungileyo,
Ba icilo ku Jehova bona bobabili.
16 Yini ukuba intengo i be sesandhleni sesiwula yokutenga ukuhlakanipa,
Loku a si nayo ingqondo?
17 Umhlobo u tanda ngezikati zonke;
Umzalwane u zalelwa ukukatazeka.
18 Umuntu o swela ingqondo u nikana izandhla,
A be ummeleli pambi kwomakelwane wake.
19 U tanda ukupambuka o tanda ingxabano:
O pakamisa isango lake u funa ukubujiswa.
20 O nenhliziyo exabileyo a ka fumani okuhle;
O nolimi olu nobupecepece u wela ebubini.
21 O zala isiwula ku usizi kuye;
Uyise wesiwula a ka jabuli.
22 Inhliziyo etokozayo yikambi elihle;
Umoya owapukileyo womisa amatambo.
23 Ishinga li y'amkela umvuzo u kishwa esifubeni,
Ukupambukisa imihambo yokwahlulela.
24 Ukuhlakanipa ku pambi kwobuso bake oqondileyo;
Kepa amehlo esiwula a semikaulweni yomhlaba.
25 Indodana e isiwula i isicunulo ku yise,
Nokubaba ku nina owayizalayo.
26 Futi ukuhlaulisa abalungileyo a ku lungile,
Nokushaya amakosana ngenxa yobuqoto.
27 O godhla amazwi ake u nokwazi;
O nomoya opolileyo u ngumuntu o nengqondo.
28 Isipukupuku naso nxa si tule, si shaywa isihlakanipi;
Nxa si vale umlomo waso si shaywa oqondileyo.

18 Ozahlukanisayo u funa imfiso yake,
U dhlobela ukuhlakanipa konke okuqinisekileyo.
2 Isiwula a s'enameli ukuqonda,
Senamela kupela ukuba inhliziyo yaso y'ambulwe.
3 Nxa ku fika ishinga, ku fika nokweyisa,
Ihlazo li fika kanye nokucapa ngenhlamba.
4 Amazwi omlomo womuntu a njengamanzi ajulileyo;
Umtombo wokuhlakanipa u ngumfula ompompozayo.
5 Ukuketa ubuso beshinga a ku lungile,
Nokupambukisa abalungileyo ekwahluleleni.
6 Izindebe zomlomo wesiwula zi ngena enkanini,
Nomlomo waso u biza imivimbo.
7 Umlomo wesiwula u ngukuciteka kwaso,
Nezindebe zomlomo waso zi isihibe sompefumulo waso.
8 Amazwi omcetezi a njengodwashela,
A y'ehlela pakati nesisu.
9 Ofenezayo emsebenzini wake
U ngumfo wabo wocitayo.
10 Igama li ka Jehova li umboshongo oqinileyo;
Olungileyo u gijimela pakati kwawo a sinde.
11 Ukunota kwesicebi ku ngumuzi waso oqinileyo,
Ku njengogange olupakemeyo ekuzindhleni kwaso.
12 Ukubujiswa kwandulelwa ukukukumala kwenhliziyo yomuntu;
Udumo lwandulelwa ukutoba.
13 O pendula e nga k'ezwa,
Ku ubupukupuku kuye nehlazo.
14 Umoya womuntu wo pasa ubutakataka bake;
Kepa umoya owapukileyo u nga twalwa ubani na?
15 Inhliziyo yoqondileyo i zuza ukwazi;
Nendhlebe yabahlakanipileyo i funa ukwazi.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amazwi atile ngohambo nokuzipata kwomuntu.

16 Isipo somuntu si m enzela indawo,
Si m leta pambi kwabakulu.
17 U ngatiti u tetiwe oqalayo ukupikela indaba yake;
Kepa umakelwane wake u fika a m pendhle.
18 Inkato i qeda izingxabano,
Yahlukanisa pakati kwaba namandhla.
19 Umzalwane owoniweyo u lukuni ukuzuzwa kunomuzi oqinileyo;
Futi izingxabano ezinjalo zi njengemivalo yenqaba.
20 Isisu somuntu so sutiswa ngesitelo somlomo wake;
Ngokucuma kwezindebe zomlomo wake u ya kusuta.
21 Ukufa nokupila ku semandhleni olimi;
Abalutandayo bo dhla isitelo salo.
22 O fumana umfazi, u fumana into elungileyo,
U zuzile isisa ku Jehova.
23 Ompofu u kuluma ngokunxusa;
Isicebi si pendula kalukuni.
24 Umuntu wezihlobo u ya zilimaza;
Kepa si kona isitandwa esi namatela kuneselamane somuntu.

19 Ompofu o hamba ngokupelela kwake u lungile,
Kuna lowo oxabileyo ngomlomo wake, e isiwula.
2 Futi, a ku lungile ukuba umpefumulo u nga bi na kwazi;
Ozinyawo zisheshayo u y'ona.
3 Ubupukupuku bomuntu bu pundukisa indhlela yake;
Inhliziyo yake i ya tetema ngo-Jehova.
4 Ukunota kwengeza izihlobo eziningi;
Kepa ompofu u y'ahlukaniswa nomhlobo wake.
5 Ufakazi wamanga a ka yi kwenziwa msulwa;
No pafuza amanga a ka yi kusinda.
6 Abaningi ba ya kucebedisa kulo ihlapahlapa;
Bonke ba izihlobo kuye opanayo.
7 Abafo wabo bonke bompofu ba ya m zonda:
Kakulu kangakanana izihlobo zake zi dedela kude naye!
U ya zi landelisela ngamazwi, kepa a zi seko.
8 O zuza ukuhlakanipa u tanda umpefumulo wake:
O gcina ingqondo wo fumana okuhle.
9 Ufakazi wamanga a ka yi kwenziwa msulwa;
O pafuza amanga wo buba.
10 Ukutamasa a ku fanele isiwula;
Kakulu kangakanana a ku fanele ukuba inceku i buse pezu kwezikulu.
11 Ukuhlakanipa kwomuntu ku bambezela ulaka lwake;
Ku isivunulo sake ukunganaki isipambuko.
12 Ukudhloba kwenkosi ku njengokugwavuma kwebhongo lengonyama;
Isisa sayo si njengombete pezu kwotshani.
13 Indodana e isiwula i isisila si ka yise;
Izingxabano zomfazi zi ukuconsa njalonjalo.
14 Indhlu nokunota ku ifa eli vela koyise;
Kepa umfazi o nesu u vela ku Jehova.
15 Ubuvila bu wisela ebutongweni obunzima;
Umpefumulo wesidenge wo lamba.
16 O gcina umyalo u gcina umpefumulo wake;
O debesela izindhlela zake u ya kufa.
17 O nomusa kompofu u tsheleka uJehova,
Impato yake enhle wo yi koka.
18 Yi laye indodana yako, loku li kona itemba;
U nga qinisi inhliziyo yako ukuyibulala.
19 Umuntu o nokufuteka okukulu, wo twala inhlaulo;
Ngoba uma u m opula, wo da u pinda.
20 Yizwa ukululekwa, wamkele ukulaywa,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amazwi atile ngohambo nokuzipata kwomuntu.

Ukuze u be nokuhlakanipa ekupeleni kwako.
21 Ku kona izizindhlo eziningi enhliziyweni yomuntu;
Kepa isiluleko si ka Jehova yisona esi ya kuma.
22 Okwenza umuntu ukuba a fiswe ku isihau sake;
Umuntu ompofu u ngcono kunomuntu o namanga.
23 Ukwesaba uJehova ku bhekisa ekupileni;
O nako wo hlala e suti;
A ka yi kuhanjelwa ububi.
24 Ivila li ti ndi ngesandhla salo esitsheni,
A li bi li sa si buyisela na semlonyeni walo.
25 Shaya isitekuli, ko ti umpupe u sanguluke;
M sole oqondayo u ya kuqonda ukwazi.
26 O cita uyise, e xosha unina,
U indodana ejabisayo, e leta ukuyangaza.
27 Yeka, ndodana yami, ukulalela ukulaywa
Uma kanti u ya kweduka emazwini okwazi.
28 Ufakazi o ihatanga u ya tekulela ukwahlulela;
Umlomo wamashinga u gwinya ububi.
29 Izahlulelo zi lungiselelwa izitekuli,
Nemivimbo umhlana weziwula.

20 Iwayini li isitekuli; upuzo olu namandhla lu ya xokozelisa;
O weduka ngalo a ka hlakanipile.
2 Ivuso ngenkosi li njengokugwavuma kwebhongo lengonyama:
Oyicunulayo u ya w'ona umpefumulo wake.
3 Ku udumo ku muntu ukuhlala kude nenkani;
Kodwa zonke izipukupuku zi ya kudhloba.
4 Ivila a li yi kulima ngenxa yobusika;
Ngako lo panza ngesikati sokuvuna, li nge na luto.
5 Isiluleko esi senhliziyweni yomuntu si ngamanzi ajulileyo;
Kepa umuntu o nengqondo wo si kipa.
6 Imvama yabantu i ya kumemezela ilowo esake isihau;
Kepa umuntu otembekayo a nga funyanwa ubani na?
7 Olungileyo o hamba ekupeleleni kwake,
Abantwana bake ba ya kubusiswa emva kwake.
8 Inkosi e hlezi esihlalweni sokuteta amacala
I hlakaza konke okubi ngamehlo ayo.
9 Ubani o nga ti, Ngi hlanzile inhliziyo yami,
Ngi hlambululekile kuko ukwona kwami?
10 Izisindo ngezisindo, nezilinganiso ngezilinganiso,
Zombili zi icilo ku Jehova.
11 Umntwana naye u y'aziwa ngezenzo zake,
Ukuba umsebenzi wake u cacile, u te ntse na.
12 Indhlebe ezwayo, neso elibonayo,
UJehova u kwenzile kokubili.
13 U nga tandi ubutongo, funa u fikelwe ubupofu;
Vula amehlo ako, wo suta ukudhla.
14 Kubi, kubi, ku sho umtengi;
A ti lapa e se hambile a be se zigabisa.
15 Ku kona igolide, namarubi amaningi;
Kodwa umlomo wokwazi u imvunulo e igugu.
16 Tabata ingubo yake o melela umfokazi;
U m bambe ngesibambiso o melela abezizwe.
17 Isinkwa senkohliso si mtoti ku muntu;
Kodwa emuva umlomo wake wo gcwala uhlalu.
18 Amacebo onke a ya qiniswa ngesiluleko;
Ngamasongozo yilwa impi.
19 O hambahamba e nceteza u y'ambula izimfihlakalo;
Ngako u nga xubani naye o vula kakulu umlomo wake.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amazwi atile ngohambo nokuzipata kwomuntu.

20 O tuka uyise noma unina,
Isibani sake si ya kucinywa ebumnyameni obu te buqe.
21 Ifa eli zuzwa ngokushesha ekuqaleni;
Ukupela kwalo a ku yi kubusiswa.
22 U nga ti, Ngo pindisela okubi:
Hlalela uJehova, u ya kukusindisa.
23 Izisindo ngezisindo zi icilo ku Jehova;
Nezikalo zenkohliso a zi lungile.
24 Ukuhamba kwendoda ku oku ka Jehova;
Po, umuntu a nga qonda kanjani indhlela yake na?
25 Ku isihibe ku muntu ukuba a pahluke a ti, Ku ingcwele,
A ti e se tembisile a buze.
26 Inkosi ehlakanipileyo i ya wela amashinga,
I hambise pezu kwawo isondo lokubhula.
27 Umoya womuntu u isibani si ka Jehova,
U yalula izindawo zonke ezi pakati kwombilini.
28 Isihau neqiniso ku linda inkosi;
Isihlalo sayo si ya paswa ngesihau.
29 Isivunulo sezinsizwa si amandhla azo;
Ubuhle babadala bu ubungwevu babo.
30 Imivimbo e banga izixatu i pucuza ububi;
Izishayo zi ya finyelela pakati kwombilini.

21 Inhliziyo yenkosi i njengemisele yamanzi esandhleni si ka Jehova:
U yi pendulela lapo e tanda kona.
2 Zonke izindhlela zomuntu zi te ntse emehlweni ake;
Kepa uJehova u linganisa izinhliziyo.
3 Ukwenza okulungileyo nokwahlulela kahle
Ku ya keteka ku Jehova kunomhlatshelo.
4 Ukucilileka, nokuzidhla kwenhliziyo,
Oku isibani samashinga ku isono.
5 Imicabango yabakuteleyo i bhekisa ensadeni;
Kepa bonke abasheshayo, ba sheshela ukuswela.
6 Ukutola ingcebo ngolimi lwamanga,
Ku inkwezane epepetwayo; abayifunayo ba funa ukufa.
7 Ukuqotula kwamashinga ku ya kuwahudula,
Ngokuba a ya nqaba ukwenza ngokwahlulela.
8 Indhlela ya lowo o necala i insongensonge;
Kepa ohlanzekileyo umsebenzi wake u te ntse,
9 Kuhle ukuhlala egumbini lopahla,
Kunokuhlala nowesifazana o nezingxabano endhlini enkulu.
10 Umpefumulo weshinga u fisa okubi:
Umakelwane walo ka toli umusa emehlweni alo.
11 Ngokushaywa kwesitekuli, umpupe u ya hlakanipa;
Nxa e fundiswa, ohlakanipileyo u y'amkela ukwazi.
12 Olungileyo u ya qonda indhlu yeshinga,
Ukuti amashinga a penulwa a limale.
13 O vimba izindhlebe zake nxa ompofu e kalela ukusizwa,
Wo kala naye, a nga zwiwa.
14 Isipo ekusitekeni si ya cima ulaka;
Umvuzo esifubeni u cima ukufuteka okukulu.
15 Ku intokozo kolungileyo ukwenza ngokwahlulela;
Ku ngukuciteka kwab'enza okubi.
16 Umuntu o weduka endhleleni yokuqonda,
Wo pumula embutanweni wezitunzi.
17 O tanda ukuzitokozisa, wo ba umuntu oswelayo:
O tanda iwayini namafuta, a ka yi kuceba.
18 Ishinga li isihlaulelo solungileyo;
Ondimimbili u mi esikundhleni sabaqoto.
19 Kuhle ukuhlala ezweni eli ihlane,

Digitized by Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amazwi atile ngohambo nokuzipata kwomuntu.

Kunokuhlala nowesifazana o nezingxabano nocunukalayo.

20 Ku kona ingcebo enxanelekileyo, namafuta, ekaya lohlakanipileyo;
Kepa umuntu o isiwula u ya yi gwinya.

21 O landela ukulunga nesihau
U fumana ukupila, nokulunga, nodumo.

22 Ohlakanipileyo u y'enyukela emzini weziqwaga,
A wise inqaba eziyitembayo.

23 O gcina umlomo wake nolimi lwake,
U ya gcina umpefumulo wake ezinsizini.

24 Oziqenyayo e zikukumeza, ngu-Sitekuli igama lake;
U sebenza ngentukutelo yokuzidhla.

25 Imfiso yevila i ya li bulala;
Ngoba izandhla zalo zi yenqaba ukusebenza.

26 Ku kona o fisa nokufisa imini yonke;
Kodwa olungileyo u pana, e nga godhli.

27 Umhlatshelo wamashinga u icilo;
Kakulu kangakanana lapo li wu leta ngenxa yamanyala!

28 Ufakazi wamanga u ya kububa;
Kepa umuntu ozwayo u ya kukuluma okumiyo.

29 Umuntu oshingayo u ya qinisa ubuso bake;
Oqoto u ya misa izindhlela zake.

30 A kuko kuhlakanipa, a kuko kuqonda,
A kuko na siluleko esi nga melana noJehova.

31 Ihashi li lungiselwa usuku lokulwa,
Kepa ukunqoba ku vela ku Jehova.

22 Igama elihle li ya keteka kunengcebo enkulu,
Nesimilo esihle kunesiliva negolide.

2 Abacebileyo nabampofu ba ya hlangana:
UJehova u ngumenzi wabo bonke.

3 Osangulukileyo u bona okubi, a bace;
Kepa imipupe i ya dhlula nje, i hlaule.

4 Umvuzo wokutoba nokumesaba uJehova
U ingcebo, nodumo, nokupila.

5 Ameva nezingibe ku sendhleleni yabaxabileyo:
Kepa o gcina umpefumulo wake wo dedela kude nako.

6 Fundisa umntwana ngendhlela emfaneleyo,
Wo ti la e se kulile a nga suki kuyo.

7 Isicebi si ya ba busa abampofu,
Otshelekayo u isigqili kuye omtshelekayo.

8 O hlwanyela ububi wo vuna usizi;
Induku yokutukutela kwake yo pela.

9 O neso eli nobubele u ya kubusiswa;
Ngoba u pa abampofu okwokudhla kwake.

10 Xosha isitekuli, ko puma ingxabano;
Yebo, ko pela ukuxabana nehlazo.

11 O tanda ukuhlambululeka kwenhliziyo,
Inkosi yo ba isihlobo sake ngenxa yobuhle bomlomo wake.

12 Amehlo ka Jehova a ya m linda o nokwazi;
Kepa u ya penula amazwi ondimimbili.

13 Li ti ivila, Ku kona ingonyama pandhle,
Ngo bulawa ezigcawini.

14 Umlomo wa onondindwa u ilindishoba elijulileyo;
O wenyanywa uJehova u ya kuwela kona.

15 Ubupukupuku bu boshelwe enhliziyweni yomntwana;
Uswazi lokulaya lo bu dedisela kude kuye.

16 O pata ngokahlo ompofu ukuba andise inzuzo yake,
Naye o nika isicebi, ba banga ekusweleni kupela.

17 Tobisa indhlebe yako, u zwe amazwi abahlakanipileyo,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Iziyalezelo nezixwayiso ezitile.

U nik'inhliziyo yako ekwazini kwami.
18 Ngokuba ku mnandi uma u wa gcina embilinini wako,
A qiniswe kanyekanye emlonyeni wako.
19 Ukuze itemba lako li be ku Jehova,
Ngi kwazisile wona namuhla, wena nje.
20 A ngi ku lobelanga izinto ezi ingqalizivele
Zokululeka nezokwazi,
21 Ukukwazisa ngokuqinisekileyo amazwi eqiniso,
Ukuba u buyisele amazwi eqiniso kubo abakutumileyo na?

22 U nga m qwagi ompofu ngokuba e mpofu;
U nga m cobozi ohlupekayo esangweni:
23 Ngokuba uJehova wo melela indaba yabo,
A b'apuce umpefumulo ababapucayo.
24 U nga kolani nomuntu o nolaka;
U nga hambi nomuntu o nokufuteka:
25 Funa u funde imihambo yake,
U hintshelwe umpefumulo wako.
26 U nga bi omunye wabo aba nikana izandhla,
Naba melela izikweleti.
27 Nxa u nge na nto yokukoka,
Yini ukuba a ze a suse ucansi lwako ngapansi kwako na?
28 U nga susi isikonkwane sa pakade,
Esa miswa oyihlo.
29 U ya m bona umuntu o ingcweti emsebenzini wake na? u ya kuma pambi kwamakosi;
A ka yi kuma pambi kwabantukazana.

23 Nxa u hlala pansi ukuba u dhle kanye nombusi,
Qonda nokuqonda lo o pambi kwako;
2 Beka umese empinjeni wako,
Nxa u ngumuntu o nepango.
3 U nga nxaneli izilovela zake;
Loku zi ngukudhla kwenkohliso.
4 U nga ziqobi ngenxa yokuceba;
Yeka okwako ukuhlakanipa.
5 Wo yisa amehlo ako kuko oku ngeko na?
Ngokuba ingcebo i ya z'enzela amapiko,
Njengokozi olundizayo lu ya ezulwini.
6 U nga dhli ukudhla kwake o neso elibi,
U nga nxaneli izilovela zake:
7 Ngoba njengaloku e cabanga enhliziyweni yake, u njalo yena:
U ti kuwe, Yidhla u puze;
Kanti inhliziyo yake a yiko kuwe.
8 Umtamo owudhlileyo wo wu hlanza,
U cite amazwi ako amnandi.
9 U nga kulumi ezindhlebeni zesiwula;
Ngokuba si ya kweyisa ukuhlakanipa kwamazwi ako.
10 U nga susi isikonkwane sa pakade;
U nga ngeni emasimini ezinkedama:
11 Ngoba umhlengi wazo u namandhla;
Wo melela indaba yazo nga kuwe.
12 Beka inhliziyo yako ekulayweni,
Nezindhlebe zako emazwini okwazi.
13 U nga yeki ukulaya umntwana;
Ngoba nxa u m shaya ngoswazi a ka yi kufa.
14 Wo m shaya ngoswazi,
Wopule umpefumulo wake eSheoli.
15 Ndodana yami, uma inhliziyo yako i hlakanipa,
Eyami inhliziyo yo tokoza, yebo eyami:
16 Yeboke, izinso zami zi ya kwetaba,
Uma umlomo wako u kuluma oku te ntse.
17 Inhliziyo yako ma i nga fel'umona izoni;
Ma u be sekumesabeni uJehova imini yonke:
18 Ngoba impela ku kona umvuzo;
Itemba lako a li yi kunqunywa.

Digitized by Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Iziyalezelo nezixwayiso ezitile.

19 Yizwake, ndodana yami, u hlakanipe,
Yi hambise inhliziyo yako endhleleni.
20 U nga bi pakati kwezinseli zewayini,
Na pakati kwezigege zenyama:
21 Ngoba izinseli nezigege zi ya kufikelwa ubupofu;
Ukwozela ku ya kwambatisa umuntu ngamanikiniki.
22 Lalela uyihlo owakuzalayo,
U nga m eyisi unyoko e se mdala.
23 Tenga iqiniso, u nga tengisi ngalo;
Yebo, ukuhlakanipa, nokulaywa, nokuqonda.
24 Uyise wolungileyo wo taba nokwetaba;
No zala isihlakanipi wo tokoza ngaso.
25 Uyihlo nonyoko a ba tokoze,
Nonyoko okuzeleyo etabe.
26 Ndodana yami, ngi nike inhliziyo yako;
Amehlo ako ma ka kolwe izindhlela zami.
27 Ngoba isifebe si ilindishoba elijulileyo;
Unondindwa u ngumgodi o ingcingo.
28 Yebo, u qamela njengesigcwelegcwele,
Wandisa abandimimbili pakati kwabantu.
29 Ubani o ti, Maye? ubani o ti, Wo? ubani o nezingxabano?
Ubani okalazayo? ubani o namanxeba ngeze?
Ubani o namehlo ahxwelayo na?
30 Yibo aba libala ewayinini;
Aba yo cinga iwayini elivutshelweyo.
31 U nga li buki iwayini nxa li bomvu,
Nxa li cwebezela endebeni,
Nxa li wululeka kahle:
32 Ekupeleni li ya luma njengenyoka,
Li hlaba njengepimpi.
33 Amehlo ako a ya kubona imihlola,
Inhliziyo yako i kulume ubupoxo.
34 Yeboke, wo ba njengo lele pansi pakati nolwandhle,
Njengo lele esihlokweni sensika yomkumbi.
35 U ya kuti, Ba ngi shayile, a ngi limalanga;
Ba ngi dinda, a ngi kwazanga;
Ngo vuka nini? ngo pinda ngi li fune.

24 U nga fel'umona abantu ababi;
U nga fisi ukuba nabo:
2 Ngokuba inhliziyo yabo i zindhla ukubandezela,
Umlomo wabo u kuluma ukuhxina.
3 Indhlu y'akiwa ngokuhlakanipa;
Ngengqondo i ya qiniswa;
4 Ngokwazi, amakamelo a ya gcwaliswa
Ngokunota konke okunqabileyo nokumnandi.
5 Umuntu ohlakanipileyo u namandhla;
Yebo, umuntu o nokwazi u qinisa izikwepa.
6 Ngoba ngamasongozo wo zilwela impi;
Ngobuningi babalulekayo ku kona ukusinda.
7 Ukuhlakanipa ku pakeme esipukupukwini:
A si wu vuli umlomo waso esangweni.
8 O ceba okubi ukuba a kwenze,
U ya kubizwa ngokuti ingilamkuba.
9 Icebo lobupukupuku li isono;
Isitekuli si icilo ku bantu.
10 Nxa u pel'amandhla ngosuku losizi,
Amandhla ako mancinyane.
11 B'opule aba yiswa ekufeni,
Naba tengatengela ekubulaweni ma u ba nqande.
12 Uma u ti, Bheka, be si nga kwazi loku;
Yena o linganisa izinhliziyo, a ka ku qondi na?
Yena o linda umpefumulo wako, a ka kwazi na?
Ka yi kubuyisela kuwo wonke umuntu njengomsebenzi wake na?

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Iziyalezelo nezixwayiso. Ku faniswa okunye nokunye.

13 Ndodana yami, yidhla izinyosi, ngoba zi mtoti;
Noju olumnandi emlonyeni wako.
14 Wo kwazike ukuti ukuhlakanipa ku njalo empefumulweni wako;
Uma u ku fumanisile, ko ba kona umvuzo,
Itemba lako a li yi kunqunywa.
15 Shingandini, u nga qameli ikaya lolungileyo;
U nga citi indawo yake yokupumula:
16 Ngokuba olungileyo u wa kakombisa, a buy'a vuke;
Kepa amashinga a ti a nga fikelwa okubi a kubeke.
17 U nga tokozi uma si wa isita sako,
Inhliziyo yako ma i ng'etabi ekukubekeni kwaso;
18 Funa uJehova a ku bone ku be kubi emehlweni ake,
A buyise ulaka lwake kuso.
19 U nga katazeki ngenxa yab'enza okubi;
U nga wa fel'umona amashinga:
20 Ngoba a ku yi kubako mvuzo komubi;
Isibani samashinga si ya kucinywa.
21 Ndodana yami, m esabe uJehova nenkosi;
U nga xubani nabo abaguququkayo:
22 Ngoba amahlekelele a ya kuvuka ngokuzuma;
Ishwa eli vela ku labo bobabili ubani olaziyo na?

23 Na lawa ngamazwi abahlakanipileyo.
Ukuketa abantu ekwahluleleni a ku lungile.
24 O ti eshingeni, U lungile wena,
U ya kuqalekiswa abantu, enyanywe izizwe;
25 Kwabalisolayo, ko ba mnandi,
Isibusiso esihle so ba fikela.
26 Wanga izindebe zomlomo
Opendulayo ngokute ngqe.
27 Lungisa umsebenzi wako ngapandhle,
U zilungisele wona ensimini;
Emuvake wake indhlu yako.
28 U nga bi ufakazi ngomakelwane wako ku ngeko sici;
U nga kohlisi ngomlomo wako.
29 U nga ti, Ngi ya kwenza kuye njengokwenza kwake kimi;
Ngo buyisela ku lo muntu njengomsebenzi wake.
30 Nga dhlula ensimini yevila,
Na nga sesivinini somuntu e swela ingqondo;
31 Bhekake, sonke si hluma ameva,
Senile imbati,
Notango lwaso lwamatshe lwa be lu dilikile.
32 Nga se ngi buka, nga ku beka enhliziyweni kahle;
Nga bona, ng'amkela ukulaywa:
33 Ubutongo obuncane, ukozela okuncane,
Ukukwixa kancane izandhla ku ze ku lalwe;
34 Ko ti ubupofu bako bu fike njengesigcwelegcwele;
Nokuswela kwako njengendoda e pete isihlangu.

25 Lezi futi zi izaga zi ka Solomon eza hlanganiswa amadoda ka Hezekiya, inkosi ya kwa Juda.

2 Ku ngudumo lu ka Nkulunkulu ukusita into;
Ku ngudumo lwamakosi ukupendhla indaba.
3 Izulu ngokupakama, nomhlaba ngokujula,
I njalo inhliziyo yamakosi, a i nakuhlolwa.
4 Susa inyela kulo isiliva,
Ko ti ku pume isitsha somcwengisi:
5 Susa ishinga pambi kwenkosi,
Ko ti isihlalo sayo si qiniswe ngokulunga.
6 U nga zincomi pambi kwenkosi,
U ng'emi endaweni yabakulu:
7 Ngokuba kuhle ukuba ku tiwe kuwe, Yenyukela lapa,
Kunokuba u totshiswe pambi kwenkosana,
Ayibonileyo amehlo ako.
8 U nga sheshi ukupuma u yo pikisana,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku faniswa okunye nokunye ukuba ku fundiswe.

Funa u ng'azi ukuti u za kwenzani ekupeleni,
Nxa u su hlaziswe umakelwane wako.
9 Kuluma indaba yako nomakelwane wako,
Kepa u nga y'ambuli imfihlakalo yomunye;
10 Funa ozwayo a ku cekefule,
Isihlebo sako si nga suki.
11 Izwi eli kulunywa ngesikati esifaneleyo
Li njengamaapula egolide esembengeni yesiliva.
12 Njengecici legolide, nesivunulo segolide elicwengekileyo,
U njalo umsoli ohlakanipileyo endhlebeni elalelayo.
13 Njengokubanda ku ka ngqoqwane ngesikati sokuvuna,
Li njalo inxusa elitembekayo kubo abalitumayo;
Ngoba li ya hlumelelisa umpefumulo wamakosi alo.
14 Njengamafu nomoya, ku ngeko mvula,
U njalo ozigabisayo ngokupa kwake oku ngamanga.
15 Ngokubekezela kade umbusi u ya vunyiswa,
Ulimi olutambileyo lwapula itambo.
16 U tolile izinyosi na? yidhla okwanele wena,
Funa u dinwe izo, u buye u zi hlanze.
17 Unyawo lwako ma lu nga vami endhlini yomakelwane wako,
Funa a dinwe nguwe, a ze a ku zonde.
18 Umuntu o fakazela amanga ngomakelwane wake,
U isando, nenkemba, nomcibisholo obukali.
19 Ukwetemba ondimimbili ngesikati sosizi
Ku njengezinyo elapukileyo, nonyawo olwenyeleyo.
20 Njeng'o kumula ingubo ngesikati samakaza, na njengoviniga pezu kwesoda,
U njalo o yi hlabelelela izingoma inhliziyo e nosizi.
21 Nxa isita sako si lambile, si pe ukudhla, si dhle;
Nxa s'omile, si puzise amanzi:
22 Ngokuba wo fumbela amalahle avutayo ekanda laso,
Ko ti uJehova a ku vuze.
23 Umoya wa senyakato u hlongoza imvula;
Lu njalo ulimi olusekehlayo lu leta ubuso obujamileyo.
24 Kuhle ukuhlala egumbini lopahla,
Kunokuhlala nowesifazana o nezingxabano endhlini enkulu.
25 Njengamanzi aqandayo empefumulweni owomileyo,
I njalo imbiko enhle e vela ezweni elikude.
26 Njengomtombo odungekileyo, nesipetu esonakeleyo,
U njalo umuntu olungileyo otengezelayo pambi kweshinga.
27 A ku kuhle ukudhla izinyosi eziningi;
Ku njalo ukuzicingela udumo ku nzima.
28 O nge na kubamba umoya wake,
U njengomuzi ofohliweyo o nge na zingange.

26 Njengongqoqwane ehlobo, na njengemvula ngesikati sokuvuna,
Ku njalo udumo a lu fanele isiwula.
2 Njengomzwilili ekupapeni kwawo, njengenkonjane ekundizeni kwayo,
Ku njalo isiqalekiso ku ngeko sici a si yi kuza.
3 Isiswebu esehashi, itomu elembongolo,
Induku eyomhlana weziwula.
4 U nga penduli isiwula ngokobupukupuku baso,
Funa u fane naso nawe.
5 Pendula isiwula njengokobupukupuku baso,
Funa si be ohlakanipileyo emehlweni aso.
6 O tuma izwi ngesandhla sesiwula,
U zinquma izinyawo, e puza ubudhlova.
7 Imilenze yonyonga i ya lengalenga;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku faniswa okunye nokunye ukuba ku fundiswe.

U njalo umlinganiso emlonyeni weziwula.
8 Njeng'o bopa itshe elengisweni,
U njalo o nika isiwula udumo.
9 Njengeva eli ngena esandhleni sesidakwa,
U njalo umlinganiso emlonyeni weziwula.
10 Njengomcibisheli o kubaza bonke,
U njalo o tola isiwula, naye o tola abadhlulayo.
11 Njengenja e buyela ebuhlanzweni bayo,
Si njalo isiwula esi pinda ubupukupuku baso.
12 U ya bona umuntu ohlakanipileyo emehlweni ake na?
Ku kona itemba ngesiwula kunaye.
13 Li ti ivila, Ku kona ibubesi endhleleni,
Ingonyama i sezigcawini.
14 Njengesicabha si penduka ngezinsimbi zaso,
Li njalo ivila okukweni lwalo.
15 Ivila li ti ndi ngesandhla salo esitsheni;
Ku ya li nenga ukusibuyisela emlonyeni walo.
16 Ivila li hlakanipile emehlweni alo,
Kunaba isikombisa aba pendula ngokuqikelela.
17 Odhlulayo e zicunula ngokuxabana oku nge siko okwake,
U njeng'o bamba inja ngezindhlebe.
18 Njengohlanya olu jigijela izikuni ezivutayo,
Nemicibisholo, nokufa,
19 U njalo umuntu o kohlisa umakelwane wake,
E ti, A ng'enzi ihlaya na?
20 Ngokupela kwezinkuni umlilo u ya cima;
Ku njalo uma ku ngeko umcetezi, ingxabano i ti kwatalala.
21 Njengamalahle otutwini, nezinkuni kuwo umlilo,
U njalo o nezingxabano ukupemba inkani.
22 Amazwi omcetezi a njengodwashela,
A y'ehlela pakati nesisu.
23 Umlomo oshisayo nenhliziyo embi
Ku njengesitsha sebumba esi namekwe ngenyela lesiliva.
24 Ozondayo u ya zenzisa ngomlomo wake;
Kepa embilinini wake u ya beka inkohliso:
25 Nxa e kuluma kahle, musa ukukolwa uye;
Ngoba ku kona amacilo a isikombisa enhliziyweni yake:
26 Noma inzondo yake i zisibekela ngenkohliso,
Ububi bake bu ya kwambulwa pambi kwombutano.
27 Ombayo igebe u ya kuwela kulo;
O gingqa itshe, lo buyela pezu kwake.
28 Ulimi olu namanga lu ya ba zonda olubatubileyo;
Umlomo oncayisayo u sebenza ukubalakaxisa.

27 U nga zigabisi ngengomuso;
Ngoba a u kwazi oku za kuzalwa imini.
2 Ma u dunyiswe omunye, ku nga bi owako umlomo;
Ma ku be umuntu mumbe ku nga bi izindebe zomlomo wako.
3 Itshe li nzima, isihlabati si ya sinda;
Kodwa isicunulo sesipukupuku si nzima kunako kokubili.
4 Ukufuteka ku unya, ulaka lu isikukula;
Kodwa ubani o ng'ema pambi kwesikwele?
5 Ukusola oku sobala kuhle
Kunotando olusitekileyo.
6 A tembekile amanxeba enziwe isitandwa;
Kepa ukwanga kwesita ku ba kuningi.
7 Umpefumulo osutiyo u y'enyanya amakekeba;
Empefumulweni olambileyo konke okubabayo ku mnandi.
8 Njengenyoni ezulayo i suka esidhlekeni sayo,
U njalo umuntu ozulayo e suka endaweni yake.
9 Amafuta namaka okuqola a tokozisa inhliziyo;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku faniswa okunye nokunye.

Bu njalo ubumnandi bomhlobo obu vezwa ngokululeka ngenhliziyo.

10 Isihlobo sako, nesihlobo si ka yihlo, u nga si shiyi;
Futi u nga ngeni endhlini yomfo wenu ngesikati samahlekelele ako:
Muhle umakelwane o seduze kuneselamane o kude.

11 Ndodana yami, hlakanipa, u yi tokozise inhliziyo yami,
Ukuze ngi m pendule ngezwi o ngi capa ngenhlamba.

12 Osangulukileyo u bona ububi, a cashe;
Imipupe i dhlula nje, i hlaule.

13 Tabata ingubo yake o melela umfokazi;
U m bambe ngesibambiso o melela unondindwa.

14 O busisa isihlobo sake ngezwi elikulu, e vuka ekuseni,
Ku ya kubalelwa kuye ngokuti yisiqalekiso.

15 Ukuconsa njalonjalo ngosuku lwemvula
Nowesifazana o nezingxabano ku ya fana kokubili:

16 Omvimbelayo u ya vimbela umoya;
Esokunene sake si hlangabezana namafuta.

17 Insimbi i lola insimbi;
Ku njalo umuntu u lola ubuso besihlobo sake.

18 O linda umkiwane wo dhla izitelo zawo;
Naye o nakekela inkosi yake wo dunyiswa.

19 Njengokuba ubuso bu bhekana nobuso emanzini,
I njalo inhliziyo yomuntu ku muntu.

20 ISheoli neAbadon a ku suti;
Ku njalo amehlo omuntu a ka suti.

21 Ukamba lokuncibilikisa ngolwesiliva, nesitando ngesegolide;
Ku njalo umuntu u lingwa ngokudunyiswa kwake.

22 Noma u gqula isipukupuku esigqulweni ngoti lwesigqulo pakati kwomqakazo,
Noko ubupukupuku baso a bu yi kusuka kuso.

23 Kutalela ukwazi inhlalo yezimvu zako,
U beke inhliziyo yako emihlambini yako:

24 Ngoba ingcebo a i yi kuhlala ku ze ku be nini;
Umqele u ya kuhlala ezizukulwaneni ngezizukulwane na?

25 Utshani bu ya tutwa, ku bonakale uhlaza,
Ku butwe imifino yezintaba.

26 Izimvana zi ngokokwambata kwako,
Nezimbuzi zi intengo yezwe;

27 Ko ba kona ubisi lwezimbuzi olwanele ukudhla kwako, nokudhla kwendhlu yako,
Nokwondhla izintombi zako.

28 Amashinga a ya baleka ku ngeko owaxoshayo;
Abaqoto ba nesibindi njengengonyama.

2 Ngenxa yesipambuko sezwe zi ningi izikulu zalo;
Kepa ngomuntu wokuqonda nokwazi ukuma kwalo ku ya koluleka.

3 Impabanga e pata ngokahlo abampofu
I njengemvula ekukulayo i nga shiyi kudhla.

4 Aba shiya umteto ba dumisa amashinga;
Kepa aba gcina umteto ba bambana nawo.

5 Abantu ababi a ba ku qondi ukwahlulela:
Kodwa aba funa uJehova ba ya qonda konke.

6 Ompofu o hamba ngokupelela kwake,
Muhle kunaye oxabileyo ngezindhlela zake, noma e cebile.

7 O bamba umteto u indodana eqondayo;
Kepa o umngane wezigege u hlazisa uyise.

8 Owandisa impahla yake ngenzalo na ngesandiso,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izaga ezi qatanisa okunye nokunye.

U yi butela o nomusa kwabampofu.
9 O susa indhlebe yake ekuzweni umteto,
Umtandazo wake nawo u icilo.
10 O wedusa abaqoto ngendhlela embi,
U ya kuwa yena egebeni lake;
Kepa abapeleleyo ba ya kukudhl'ubu fa okuhle.
11 Umuntu ocebileyo u hlakanipile emehlweni ake;
Kodwa ompofu o nokuqonda u ya m pendhla.
12 Nxa abalungileyo betaba, lu kona udumo olukulu;
Nxa ku vuka amashinga, abantu ba bonwa ngokuyalulwa kupela.
13 O sibekela izipambuko zake, a ka yi kuhlanhlazeleka;
Kodwa ozivumayo a zi shiye wo haukelwa.
14 U busisiwe o hlala e novalo;
Kepa o y'enza lukuni inhliziyo yake u ya kuwela kokubi.
15 Njengengonyama egwavumayo, nebere elikwixizayo,
U njalo umbusi o ishinga ku bantu abampofu.
16 Isikulu esi swela ingqondo si ngumkahli omkulu;
Kepa o zonda ukuhulaza, u ya kwandisa izinsuku zake.
17 Umuntu o sindwa igazi lomuntu
Wo balekela emgodini; ma ka nga banjezelwa muntu.
18 O hamba ngokupelela wo sinda;
Kepa oxabileyo ngezindhlela zake u ya kuwa masinyane.
19 Olimayo umhlabati wake wo suta isinkwa;
Kepa o landela amayiyane wo suta ubupofu.
20 Umuntu otembekayo wo vama izibusiso;
Kepa o sheshela ukuceba a ka yi kwenziwa msulwa.
21 Ukuketa abantu a ku lungile;
A ku lungile nokuba umuntu a pambuke ukuba a tole intwana yokudhla.
22 Umuntu o neso elibi u tatazelela ukunota,
K'azi ukuti ukuswela ko m fikela.
23 O sola umuntu wo tola umusa kamva
Kunaye otopayo ngolimi lwake.
24 Yena o qwaga uyise nonina, e ti,
A ku siso isipambuko loku,
U igxebe locitayo.
25 O nomoya ohahayo u vusa ingxabano;
Kepa o temba ku Jehova wo kulupaliswa.
26 O temba eyake inhliziyo u isiwula;
Kodwa o hamba ngokuhlakanipa wo sinda.
27 Opayo ompofu a ka yi kuswela;
Kepa o shalazayo wo ba neziqalekiso eziningi.
28 Nxa amashinga e vuka, abantu ba ya baca;
Kepa nxa e buba, abaqoto ba y'anda.

29 Umuntu ote e solwa kaningi enze lukuni intamo yake,
U ya kwapulwa, ngokupazima kweso, ku nga biko ukupiliswa.
2 Ekwandeni kwabalungileyo abantu ba ya tokoza;
Kodwa nxa ku busa ishinga abantu ba ya kala.
3 Umuntu o tanda ukuhlakanipa u tokozisa uyise;
O ngumngane wezifebe u cita impahla.
4 Inkosi ngokwahlulela i misa izwe;
Kepa umuntu o biza izipo u ya li diliza.
5 Umuntu o topa umakelwane wake,
Wenekela izinyawo zake ineta.
6 Ekupambukeni kwomuntu omubi si kona isihibe;
Kepa olungileyo u y'enanela a tokoze.
7 Olungileyo u y'azi indaba yabampofu;
Ishinga a li na ngqondo yokuyazi.
8 Abantu aba izitekuli ba bhebhezela umuzi;
Kodwa abahlakanipileyo ba buyisa ulaka.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amazwi atile ngabantu nezinto.

9 Uma umuntu ohlakanipileyo e mangalelene nomuntu o isipukupuku,
Noma e tukutela noma e hleka, a ku yi kubako ukupumula.
10 Abantu begazi ba ya m zonda opeleleyo;
O qoto-ke ba funa ikanda lake.
11 Isiwula si kipa lonke ulaka lwaso;
Kodwa ohlakanipileyo u ya lu godhla a lu dambise.
12 Uma umbusi e lalela indaba ya-manga,
Zonke izikonzi zake zi ngama-shinga.
13 Ompofu nocindezelayo ba ya hlangana;
UJehova u ya kanyisa amehlo abo bobabili.
14 Inkosi e y'ahlulela abampofu ngeqiniso,
Isihlalo sayo si ya kuqiniswa ku ze ku be nini.
15 Uswazi nokusola ku ya nika ukuhlakanipa;
Kepa umntwana o yekwa nje wo jabisa unina.
16 Nxa amashinga anda, ku y'anda ukupambuka;
Kodwa abalungileyo bo buka ukuwa kwawo.
17 Laya indodana yako, yo ku pumuza;
Yebo, yo tokozisa umpefumulo wako.
18 Nxa u ngeko umbono, abantu ba ba uvanzi;
Yena o gcina umteto, u busisiwe.
19 Isigqili a si yi kulaywa ngamazwi;
Noma si zwa, a si yi kunaka.
20 U ya bona umuntu o namawala ngamazwi na?
Ku kona itemba ngesiwula ku-naye.
21 O bongoza isigqili sake kwa se-buntwaneni,
So ba indodana yake ekupeleni.
22 Umuntu o nolaka u vusa ingxa-bano,
Umuntu ofutekayo u vama uku-pambuka.
23 Ukuzidhla kwomuntu ku ya ku-mtobisa;
Kodwa o nomoya otobileyo u ya kuzuza udumo.
24 O hlanganyela nesela u zonda umpefumulo wake;
U y'ezwa isiqalekiso a nga sho luto.
25 Ukwesaba abantu ku leta isi-hibe;
Kodwa o temba ku Jehova wo pakanyiswa.
26 Baningi aba funa ubuso bombusi;
Kepa ilungelo lomuntu li vela ku Jehova.
27 Umuntu o nga lungile u icilo kwabalungileyo;
Oqoto endhleleni u icilo kulo ishinga.

30 Amazwi ka Aguri ka Jake; udaba.

Ya ti indoda ku Itiyeli, ku Itiyeli na ku Ukali:
2 Impela ngi isituntusha kuna-bantu bonke,
A ngi na mqondo njengomuntu;
3 A ngi fundanga ukuhlakanipa,
A ngi na kwazi ngoNgcwele.
4 Ubani ow'enyukela ezulwini wa buya w'ehla na?
Ubani o bute umoya ngaoweshe bake na?
Ubani o bope amanzi engutsheni yake na?
Ubani o mise onke amajukujuku omhlaba na?
Igama lake li ngubani, negama lendodana yake li ngubani, uma u l'azi na?

5 Onke amazwi ka Nkulunkulu a vivinyiwe:
U isihlangu sabo aba pepela kuye.
6 U ng'engezi emazwini ake,
Funa a ku sole, u funyanwe u ngonamanga.

7 Izinto ezimbili ngi zi celile kuwe;
U nga ngi nqabeli nazo ngi nga ka fi:
8 Dedisela kude nami inkohliso na-manga;
U nga ngi niki ubupofu nengcebo;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amazwi atile ngabantu nezinto.

Ngi pe ukudhla oku ummiselo wami:
9 Funa ngi sute, ngi ku pike ngi ti, UJehova u ngubani na?
Funa ngi be mpofu ng'ebe,
Ngi pate ngendhlovula igama li ka Nkulunkulu wami.

10 U nga sekehli isigqili enkosini yaso,
Funa si ku qalekise, u be necala.

11 Ku kona isizukulwane esi tuka uyise,
Nesi nga busisi unina.
12 Ku kona isizukulwane esihlambululekileyo emehlweni aso,
Esi nga hlanzwanga ensileni yaso.
13 Ku kona isizukulwane, yeka ukucilileka kwamehlo aso!
Nezinkope zaso zi qanuliwe.
14 Ku kona isizukulwane esi mazinyo aso a izinkemba, esi mazinyo emihlati yaso a ngomese,
Ukuqeda abampofu emhlabeni nezimpabanga pakati kwabantu.

15 Umnyundu u namadodakazi amabili a ti, Si pe, si pe.
Zi kona izinto ezintatu ezi nga zange zi suta,
Yebo, ezine ezingashoyo ukuti, Kwanele:
16 ISheoli, nesisu esi inyumba;
Umhlaba o nga suti amanzi;
Nomlilo ongashoyo ukuti, Kwanele.
17 Iso eli hxolodela uyise,
Nel'eyisa ukulalela unina,
Amagwababa esihlambo a ya kulikipa,
Namapupu enqe a ya kulidhla.

18 Ku kona izinto ezintatu ezi ng'ahlula ngokumangalisa,
Yebo, zine engingazaziyo:
19 Indhlela yokozi esibakababakeni;
Indhlela yenyoka etsheni;
Indhlela yomkumbi pakati kwolwandhle;
Nendhlela yendoda entombini.
20 I njalo indhlela yowesifazana opingayo;
U ya dhla, esule umlomo wake,
A ti, A ng'enzanga okubi.

21 Ngezinto ezintatu umhlaba u ya gedezela,
Na ngezine o nge na kuzitwala:
22 Ngesigqili nxa si ba inkosi;
Na ngesiwula nxa si suti ukudhla;
23 Na ngesaliwakazi nxa si ganile;
Nesigqilikazi nxa si indhlalifa yenkosikazi yaso.

24 Ku kona izinto ezine ezincinyane emhlabeni,
Kepa zi hlakanipile kakulu:
25 Izintutane zi isizwe esi nge namandhla,
Noko zi ya lungisa ukudhla kwazo ehlobo;
26 Izimbila zi isizwe esi butakataka,
Noko z'enza izindhlu zazo emaweni;
27 Izinkumbi a zi na nkosi,
Noko zi puma zonke zi amaviyo;
28 Isibankwa si ya bamba ngezandhla zaso,
Noko si sezindhlini zamakosi.

29 Ku kona izinto ezintatu ezi nyatela ngokucanasa,
Yebo, ezine ezicanasayo ekuhambeni:
30 Ibubesi, eli isiqwaga ezilwaneni,
A li buyi na ku kupi;
31 Ibansa; nempongo;
Nenkosi e nge na kuvukelwa.

32 Uma u wulazekile ekuzipakamiseni kwako,
Wa cabanga okubi,
Beka isandhla sako emlonyeni wako.
33 Ngokuba ukucindezela ubisi ku veza ipehlwa,
Ukucindezela impumulo ku veza igazi;
Ku njalo ukucindezela ulaka ku veza inkani.

31 Amazwi ka Lemuweli inkosi; udaba a m fundisa lona unina.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amazwi inkosi eya lulekwa ngawo unina. Owesifazana ovileyo.

2 Yini, ndodana yami? yini, ndodana yesisu sami?
Yini, ndodana yezitembiso zami?
3 U nga niki amandhla ako esifazaneni,
Nezindhlela zako ku loko oku bubisa amakosi.
4 A siko okwamakosi, Lemuweli, a siko okwamakosi ukupuza iwayini;
A siko okwezikulu ukuti, Lupi upuzo olu namandhla?
5 Funa a puze, a kohlwe isimiso,
A guqule isinqumo esi fanele abahlupekayo.
6 M nike o se zo buba upuzo olu namandhla,
Newayini u li nike yena o nomunyu enhliziyweni.
7 Ma ka puze, a kohlwe ubupofu bake,
A nga be e sa kumbula usizi lwake.
8 Vulela izimungulu umlomo wako,
Endabeni yabo bonke aba za kudhlula.
9 Vula umlomo wako, wahlulele ngokulungileyo,
U tete icala labampofu nezimpabanga.

10 Ubani o nga fumana owesifazana ovileyo?
Ngoba inani lake li dhlula kakulu amarubi.
11 Inhliziyo yendoda yake i y'etemba kuye,
A i yi kuswela inzuzo.
12 U yi pata kahle, ku nge kabi,
Imihla yonke yokuhamba kwake.
13 U funa uboya bezimvu neflakisi,
U sebenza ngokwenama ngezandhla zake.
14 U njengemikumbi yabatengi;
U tabata kude ukudhla kwake.
15 U vuka ku se sebusuku,
A pe abendhlu yake ukudhla,
Abele amantombazana ake umsebenzi wawo.
16 U ya kwazi ukubona izwe a li tenge;
Ngesitelo sezandhla zake u tshala isivini.
17 U binca okalweni lwake amandhla,
U ya qinisa imikono yake.
18 U ya bona ukuba ku nenzuzo ukutengisa kwake;
Isibani sake a si cimi ebusuku.
19 U yisa izandhla zake otini lwezintambo,
Iminwe yake i bamba insimbi yokupota.
20 U vulela abampofu izandhla zake;
Yebo, u y'elulela izandhla zake kwaba izimpabanga.
21 A k'esabi ngabendhlu yake ngenxa yongqoqwane;
Ngoba abendhlu yake bonke b'ambatiswa okubomvu.
22 U ya z'enzela izintofontofo;
Ilineni elicolekileyo nokububende ku izambato zake.
23 Indoda yake i y'aziwa emasangweni,
Nxa i hlezi pakati kwamalunga ezwe.
24 Wenza izambato zelineni a tengise ngazo,
A yise ku batengi izibamba.
25 Amandhla nenzimba ku isambato sake;
U hleka isikati esizayo.
26 U vula umlomo wake ngokuhlakanipa;
Umteto wesihau u solimini lwake.
27 U bheka imihambo yabendhlu yake,
A ka dhli isinkwa sobuvila.
28 Abantwana bake ba suka, ba ti u busisiwe;
Nendoda yake nayo i ya m dumisa ngokuti:
29 Izintombi eziningi zenzile ngokuva,
Kepa wena u ya zi dhlula zonke.
30 Ubuhle bu inkohliso, nokubukeka ku yize;
Owesifazana o wesaba uJehova u ya kudunyiswa.
31 M nike okwezitelo zezandhla zake;
Imisebenzi yake ma i m dumise emasangweni.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UMSHUMAYELI

U ti konke ku yize. U zibonele yena ubuze bokwazi nobokutokoza.

1 Amazwi omshumayeli, indodana ka Davida, inkosi eJerusalem.

2 Ize leze, u sho umshumayeli; ize leze, konke ku yize. 3 U na nzuzoni umuntu ekukandhlekeni konke kwake a kandhleka ngako pansi kwelanga? 4 Isizukulwane si ya dhlula, ku fike esinye isizukulwane; kodwa umhlaba u mi ku ze ku be nini. 5 Ilanga nalo li ya puma, ilanga li ya shona, li sheshe ukuya endaweni lapa li puma kona. 6 Umoya u ya nga seningizimu, u zungeze u ye nga senyakato; u zungazungeza ekuhambeni kwawo, umoya u buyela futi ekuzungezeni kwawo. 7 Imifula yonke i ya elwandhle, noko a lu gcwali ulwandhle; endaweni lapa imifula i ya kona, i buya i ye kona futi. 8 Izindaba zonke zi ya qoba; umuntu a nge ku kulume: iso a li suti ngokubona, indhlebe a i gcwali ngokuzwa. 9 Okwa ke kwa ba kona ko ba kona futi; nokwa ke kw'enziwa, yikona oku ya kwenziwa futi: a kuko okusha pansi kwelanga. 10 I kona into oku nga shiwo ngayo ukuti, Bheka, i ntsha le? ya i kona mandulo, ezikatini si nga ka biko. 11 A ku kunjulwa izizukulwane za kuqala; nezizukulwane zamva ezi ya kuza a zi yi kukunjulwa yibona aba za kuvela emva.

12 Mina, mshumayeli nga ngi inkosi kwa Israeli eJerusalem. 13 Nga nikela inhliziyo yami ekufuneni na sekuhloleni ngokuhlakanipa konke okwenziwayo pansi kwezulu: ku umgidingo omubi uNkulunkulu a wu nike amadodana abantu ukuba a gidinge ngawo. 14 Ngi bonile imisebenzi yonke eyenziwa pansi kwelanga; bheka, konke ku yize, ku ukudhla umoya. 15 Loku okugobileyo a ku na kwelulwa; noku ngeko a ku na kubalwa. 16 Nga kuluma nenhliziyo yami nga ti, Bheka, ngi kulisile ng'andisa ukuhlakanipa kakulu kunabo bonke aba be ngapambili kwami eJerusalem; yebo, inhliziyo yami i bonile kakulu ukuhlakanipa nokwazi. 17 Nga nikela inhliziyo yami ukwazi ukuhlakanipa, nokwazi ukugcwaneka nobuwula: nga bona ukuti na loku ku ukudhla umoya. 18 Ngokuba ekuhlakanipeni okuningi ku kona ukucunukala okukulu; naye owandisa ukwazi wandisa usizi.

2 Nga ti enhliziyweni yami, Wozake, ngo ku vivinya ngentokozo; ngakoke bona okuhle: bheka, na loku kwa ku yize. 2 Nga ti ukuhleka ku ukugcwaneka; ukwesasa kwenzani? 3 Nga hlola enhliziyweni yami ukuba ngi nga jajisa kanjani inyama yami ngewayini, inhliziyo yami i sa ngi quba ngokuhlakanipa, nokuba ngi bambe ubuwula, ngi ze ngi bone oku yikona ku fanele ukuba amadodana abantu a kwenze pansi kwezulu ezinsukwini zonke zokuhamba kwawo. 4 Nga z'enzela imisebenzi emikulu; nga z'akela izindhlu; nga zitshalela izivini; 5 nga z'enzela amasimu nezindawo zemiti, nga tshala kona imiti e nezitelo zezinhlobo zonke; 6 nga z'enzela amacibi amanzi, ukuba ku netiswe ngawo ihlati lapa imiti i miliswa kona; 7 nga tenga izigqili nezigqilikazi, nga ba nazo neza zalwa endhlini yami; futi nga fuya kakulu izinkomo nezimvu, kunabo bonke abangandulelayo eJerusalem; 8 nga ziqongelelela futi isiliva negolide, imfuyo yamakosi neyamazwe; nga tola abahlabeleli besilisa nabesifazana, na loko a tamasa ngako amadodana abantu, izancinza eziningi. 9 Nga ba mkulu, ng'anda kunabo bonke abangandulelayo eJerusalem: futi ukuhlakanipa kwami kwa hlala kimi. 10 Loko amehlo ami akufisayo a ngi ku godhlanga kuwo; a ngi nqabelanga inhliziyo yami entokozweni yonke; ngoba inhliziyo yami ya tokoza ngenxa yokukandhleka konke kwami; loku kwa ku isabelo

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ubuze bengcebo nokuhlakanipa nokukandhleka. Konke ku nesikati.

sami kuko konke ukukandhleka kwami. 11 Nga se ngi bheka imisebenzi yonke e setshenzwe izandhla zami, na loku konke engi kandhlwe ukukwenza; bheka, konke kwa ku yize, ku ukudhla umoya, ku ngeko nzuzo pansi kwelanga.

12 Nga se ngi pendukela ukubona ukuhlakanipa nokugcwaneka nobuwula: ngokuba a ng'enzani ozayo emva kwenkosi na? a ngenza loko nje o se kade kwenziwa. 13 Nga se ngi bona ukuba ukuhlakanipa ku dhlula ubuwula, njengoba ukukanya ku dhlula ubumnyama. 14 Amehlo ohlakanipileyo a sekanda lake, isiwula si hamba ebumnyameni: noko nga bona ukuba umehlo munye wehlela bonke. 15 Nga se ngi ti enhliziyweni yami, Njengokwehlela isiwula, ngi ya kwehlelwa nami okunjalo ; po, ku ngi size ngani ukuba ngi hlakanipe kunaso? Nga se ngi ti enhliziyweni yami, Na loku ku yize futi. 16 Ngoba pela ohlakanipileyo u njengesiwula, a ka nako ukukunjulwa ku ze ku be nini; loku ezinsukwini ezizayo konke ko be se ku kade kwa kohla. Yeka ukufa kwohlakanipileyo ku ba njengokwesiwula! 17 Njaloke nga zonda ukupila, ngokuba umsebenzi osetshenzwayo pansi kwelanga u mubi kimi; loku konke ku yize, ku ukudhla umoya.

18 Nga zonda konke engi ku kandhlekele, konke enga kandhleka ngako pansi kwelanga, loku ngo ku shiya ku muntu o ya kuba kona emva kwami. 19 Ubani owaziyo ukuba u ya kuba ohlakanipileyo noma isintumantuma? noko u ya kubusa pezu kwa loko engikukandhlekeleyo, konke engi kandhleke ngako, nengi bonakalisile ukuhlakanipa kwami kuko pansi kwelanga. Na loku ku yize. 20 Nga pendukake ng'enza inhliziyo yami i dele nga loko engikukandhlekeleyo konke engi kandhleke ngako pansi kwelanga. 21 Ngoba u kona umuntu o kukandhleka kwake ku nokuhlakanipa, nokwazi, nesinwe; noko u ya kukushiya ku muntu o nga kandhlekanga kuko, ku be isabelo sake. Loku ku yize, ku ububi obukulu. 22 Yintoni a nayo umuntu ekukandhlekeni konke kwake, na sekuzameni kwenhliziyo yake, a kandhleka kuko pansi kwelanga? 23 Ngoba izinsuku zonke zake zi izinsizi, nomgidingo wake u isicunulo; yebo, inhliziyo yake a i pumuli na sebusuku. Na loku ku yize.

24 A kuko nto enhle ku muntu kunokuba a dhle a puze enze umpefumulo wake u bone okuhle ekukandhlekeni kwake. Na loku futi nga ku bona ukuba ku vela esandhleni si ka Nkulunkulu. 25 Ngoba ubani o nga dhla, ongakuputumayo kunami na? 26 Ngoba umuntu omuhle ku Nkulunkulu u ya mu pa ukuhlakanipa, nokwazi, nentokozo; kodwa isoni si piwa umgidingo ukuba si butele si qongelele, ukuba si mu pe omuhle ku Nkulunkulu. Na loku ku yize; ku ukudhla umoya.

3 Konke ku nesikala sako, imihiba yonke i nesikati sayo pansi kwezulu: 2 ku kona isikati sokuzalwa, nesikati sokufa; ku kona isikati sokutshala, nesikati sokusimbula loko okutshaliweyo; 3 ku kona isikati sokubulala, nesikati sokupilisa; ku kona isikati sokudiliza, nesikati sokwaka; 4 ku kona isikati sokukala, nesikati sokuhleka; ku kona isikati sokulila, nesikati sokugida; 5 ku kona isikati sokuntshinga amatshe, nesikati sokuqongelela amatshe; ku kona isikati sokugona, nesikati sokudedelana kude nokugona; 6 ku kona isikati sokufuna, nesikati sokulahlekelwa; ku kona isikati sokulondoloza, nesikati sokuntshinga; 7 ku kona isikati sokuhxebula, nesikati sokutunga; ku kona isikati sokuti cwanta, nesikati sokukuluma; 8 ku kona isikati sokutanda, nesikati sokuzonda; ku kona isikati sokulwa, nesikati sokutula. 9 U na nzuzoni osebenzayo ku loko a kandhleka ngako? 10 Ngi bonile umgidingo uNkulunkulu a wu nike amadodana abantu ukuba a gidinge ngawo. 11 U kwenzile konke ku be kuhle esikatini sako: futi u misile ukumakade enhliziyweni yabo, kanti

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umuntu u fana nezilwane. **Ububi benhlalo yabantu.**

umuntu a nge fumanise umsebenzi owenziwe uNkulunkulu kwa sekuqaleni ku ze ku be sekupeleni. 12 Ngi y'azi ukuti a kuko nto enhle kubo, kunokuba ba tokoze, b'enze okuhle ngaso sonke isikati sokuhamba kwabo. 13 Futi ukuba abantu bonke ba dhle ba puze, ba bone okuhle ekukandhlekeni konke kwabo, ku isipo si ka Nkulunkulu. 14 Ngi y'azi ukuti konke akwenzayo uNkulunkulu, ko ba kona ku ze ku be nini; ku ng'enezelelwe luto kuko, ku nge ncipiswe luto kuko; uNkulunkulu u kwenzile, ukuba abantu b'esabe pambi kwake. 15 Loku oku kona kaloku kwa ku kona kade; na loku oku za kuba kona kwa ku kona kade: uNkulunkulu u funa futi okudhlulileyo.

16 Futi nga bona pansi kwelanga ukuti, endaweni yokwahlulela kwa ku kona ukushinga; na sendaweni yokulunga kwa ku kona ukushinga. 17 Nga ti enhliziyweni yami, UNkulunkulu u ya kwahlulela abalungileyo namashinga; ngokuba si kona isikati lapo semihiba yonke, nemisebenzi yonke. 18 Nga ti enhliziyweni yami, Ku ngenxa yamadodana abantu, ukuba uNkulunkulu a wa linge, ukuba a bone nawo ukuti a izilwane nje. 19 Ngokuba loko okwehlela amadodana abantu kwehlela nezilwane; into inye i kwehlela kokobili: njengokuba ku ya fa loku, ku ya fa na loku; yebo, konke ku nomoya munye; umuntu a ka zi dhluli nga luto izilwane: ngokuba konke ku yize. 20 Konke ku ya ndawonye; konke ku vela otulini, konke ku buya ku buyele otulini. 21 Ubani owaziyo umoya womuntu ukuti u y'enyukela pezulu na? nowesilwane ukuti u y'ehlela pansi emhlabatini na? 22 Ngakoke nga bona ukuba a kuko nto enhle kunokuba umuntu a tokoze emisebenzini yake; loku kambe ku isabelo sake: ngokuba ubani o ya kumbuyisa ukuba a bone oku ya kuba kona emva kwake na?

4 Nga se ngi buya, nga bona ukahlo lonke olwenziwayo pansi kwelanga: bheka, izinyembezi zabo aba petwe ngokahlo, be nge naye umduduzi; ohlangotini lwabo aba ba pata ngokahlo kwa ku kona amandhla; kepa ba be nge naye umduduzi bona. 2 Nga babazake abafileyo aba kade ba fa kunabo abapilileyo aba se kona. 3 Yebo, u ba dhlula bobabili lowo o nga ka biko, o nga ka boni umsebenzi omubi o wenziwa pansi kwelanga.

4 Nga se ngi bona konke okukandhlekelwayo, nemisebenzi yonke yesinwe, ukuti nga loku umuntu u felwa umona umakelwane wake. Na loku ku yize, ku ukudhla umoya. 5 Isiwula si kwixa izandhla zaso, si dhla inyama yomzimba waso. 6 Ukugcwala kwesandhla si sinye ku kanye nokupumula, kuhle kunezandhla zombili zi gcwele ku kanye nokukandhleka nokudhla umoya.

7 Nga se ngi buya nga bona okuyize pansi kwelanga. 8 Ku kona o yedwa, ka naye owesibili; yebo, ka na mntwana ka na mfo wabo; noko a ku peli ukukandhleka kwake konke, amehlo ake a ka suti ingcebo. U ti, Ngi kandhlekela bani po, ngi swezisela umpefumulo wami okuhle na? Na loku ku yize, yebo, ku umgidingo omubi. 9 Ababili ba dhlula o yedwa, ngokuba ba tola umvuzo olungileyo ngokukandhleka kwabo. 10 Ngoba uma be wa, omunye u ya li vusa igxebe lake; kodwa maye yena o yedwa ekuweni kwake, e nge naye omunye wokumvusa. 11 Futi, uma ababili be lala ndawonye, ba nokufudumala; kodwa o yedwa a nga fudumala kanjani na? 12 Uma umuntu ahlula o yedwa, ababili ba ya kuba namandhla okumelana naye; intambo emicu mitatu a i sheshi ukugqashuka.

13 Umntwana ompofu ohlakanipileyo u dhlula inkosi endala e isiwula, e nga sa kwazi ukuxwayiswa. 14 Ngokuba ya puma etilongweni ukuba i be inkosi; yebo, na sembusweni wayo ya zalwa i mpofu. 15 Nga bona bonke abapilileyo aba hamba pansi kwelanga, ukuba ba vuna umntwana, owesibili, owa vela esikundhleni sayo. 16 Kwa ku ngeko ukupela kwabantu

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

bonke, bona bonke a e ba pete: noko aba vela ngasemva a ba yi kutokoza ngaye. Impela loku ku yize, ku ukudhla umoya.

5 Gcina unyawo lwako nxa u ya endhlini ka Nkulunkulu; ngokuba ukusondela ukuba u zwe kuhle kunokunikela umhlatshelo weziwula: ngoba a z'azi ukuba z'enza okubi. **2** U nga mpamuzi ngomlomo wako, inhliziyo yako ma i nga sheshi ukupumisela izwi pambi ku ka Nkulunkulu; ngokuba uNkulunkulu u sezulwini, u semhlabeni wena: ngakoke amazwi ako ma be ingcozana. **3** Ngokuba ipupo li ya vela ngobuningi bemigidingo, ipimbo lesiwula li vela ngobuningi bamazwi. **4** Uma u tembisa ngesitembiso ku Nkulunkulu, u nga libali ukusifeza; ngoba a k'enameli iziwula: feza loko okutembisayo. **5** Kuhle ukuba u nga tembisi, kunokuba u tembisa u nga fezi. **6** U nga vumeli umlomo wako ukuba wonise inyama yako; u nga sho pambi kwengelosi ukuti, ku isiposiso: yini ukuba uNkulunkulu a tukutelele izwi lako, a cite umsebenzi wezandhla zako na? **7** Ngoba ebuningini bamapupo na semazwini amaningi ku kona nokuyize: kodwa m esabe wena uNkulunkulu.

8 Uma u bona ukukahlwa kwabampofu, nokuqwagwa kwokwahlulela nokulunga ezweni, u nga mangali nga leyo ndaba: ngokuba o pakeme kunabapakemeyo u ya qapela; ku kona aba pakeme kunabo. **9** Futi inzuzo yomhlaba, eyabo bonke: inkosi nayo i ya sizakala ngezwe.

10 O tanda isiliva a ka yi kwaneliswa isiliva; n'o tanda okuningi, ka yi kwaneliswa ukucunywa: na loku ku yize. **11** Uma impahla yanda, ba y'anda abayidhlayo; i m siza ngani umniniyo, kupela ukuyibona nje ngamehlo ake? **12** Ubutongo bosebenzayo bu mnandi, noma e dhla oku ingcozana noma okuningi; kodwa ukusuta kwocebileyo a ku m vumeli a lale ubutongo.

13 Ku kona ububi obukulu engibubonileyo pansi kwelanga, ukuba ingcebo i gcinwe umniniyo ku be eyokumlimaza: **14** leyo ngcebo i ya pela ngomgidingo omubi; uma e zale indodana, a kuko nto esandhleni sayo. **15** Njengokupuma kwake esiswini si ka nina, wo buya a hambe e nqunu njengokufika kwake, a nga tabati luto ngokukandhleka kwake, a nga lu pata ngesandhla sake. **16** Na loku ku ububi obukulu, ukuti ezintweni zonke, u ya kumuka njengokufika kwake: po, u na nzuzoni ukuba a ze a kandhlekele umoya? **17** Zonke izinsuku zake u ya dhla ebumnyameni, e cunukile kakulu, e gula, e tukutele.

18 Bhekake, loku engikubonileyo ukuba kuhle ku fanele, ku ukuba umuntu a dhle a puze, a bone okuhle kwa loko akukandhlekeleyo konke a kandhleka ngako pansi kwelanga, umumo wonke wezinsuku zokuhamba kwake uNkulunkulu a m nike zona: ngoba loku ku isabelo sake. **19** Wonke umuntu uNkulunkulu a m nike ingcebo nemfuyo, e m nikile futi amandhla okudhla kuko, nokutata isabelo sake, nokutokoza ekukandhlekeni kwake—loku ku isipo si ka Nkulunkulu. **20** Ngokuba ka yi kukumbula kakulu izinsuku zokuhamba kwake; ngokuba uNkulunkulu u ya m pendula ngokutokoza kwenhliziyo yake.

6 Ku kona ububi engibubonileyo pansi kwelanga, bu nzima pezu kwabantu: **2** umuntu uNkulunkulu a m nika ingcebo, nemfuyo, nodumo, a ze a nga sweli luto lompefumulo wake kuko konke akufisayo, noko uNkulunkulu a ka m niki amandhla okudhla kuko, ku dhliwa umfokazi; loku ku yize, ku isifo esibi. **3** Noma umuntu e zala abantwana aba ikulu, e hamba iminyaka emininingi, izinsuku zeminyaka yake zi be zininingi, kepa umpefumulo wake u nga suti okuhle, futi a nga bi na kumbelwa; ngi ti, okupupumileyo kuhle kunaye: **4** ngokuba ku ya fika ku yize, ku muke ebumnyameni, igama lako li sitshekelwa ubumnyama; **5** futi a ku li bonanga ilanga, a ku l'azanga futi; loko ku noku-

Digitized By UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

pumula kuna lowo: 6 yebo, noma e hamba iminyaka e inkulungwane i pindwe kabili, e nga boni okuhle, a ba yi endaweninye bonke na?

7 Konke ukukandhleka kwomuntu kwenzelwa umlomo wake, noko ipango lake a li suti. 8 Ngokuba ohlakanipileyo u na nzuzoni kunesiwula na? u na ntoni ompofu, o kwazi ukuhamba pambi kwabapilileyo na? 9 Ukubona kwamehlo kuhle kunokuhambahamba kwenhliziyo: na loku ku yize, ku ukudhla umoya.

10 Konke okwa ke kwa ba kona, igama lako kade la qanjwa; ku y'aziwa ukuba umuntu u yini; futi a nge pikelelane no namandhla kunaye. 11 Loku ku kona izindaba eziningi ez'andisa okuyize, umuntu u na nzuzoni na? 12 Ngoba ubani owaziyo loko oku fanele umuntu ekupileni kwake, umumo wonke wezinsuku zokuhamba kwake okuyize, aziqedayo njengetunzi na? ngoba ubani o nga tshela umuntu oku ya kuba kona emva kwake pansi kwelanga na?

7 Igama elilungileyo lihle kunamafuta amahle; nosuku lokufa luhle kunosuku lokuzalwa kwomuntu. 2 Kuhle ukuya endhlini yokulila kunokuya endhlini yedili: ngoba loku ku ukupela kwabantu bonke; opilayo u ya kukubeka enhliziyweni yake. 3 Ukudabuka kuhle kunokuhleka; ngokuba ngokubipa kwobuso inhliziyo i ya ncibilikiswa. 4 Inhliziyo yabahlakanipileyo i sendhlini yokulila; kodwa inhliziyo yeziwula i sendhlini yokutokoza.

5 Kuhle ukuzwa ukukuza kwohlakanipileyo kunokuba umuntu ezwe ingoma yeziwula. 6 Ngoba njengokucacamba kwotatawe pansi kwembiza, ku njalo ukuhleka kwesiwula: na loku ku yize. 7 Impela ukahlo lu ya m gcwanekisa ohlakanipileyo; isipo si ya bubisa ingqondo.

8 Ukupela kwendaba kuhle kunokuqala kwayo; o moya ubekezelayo u lungile kun'o moya uzikukumezayo. 9 U nga sheshi ukucunukala emoyeni wako; ngokuba ukucunukala ku hlala esifubeni seziwula. 10 U nga sho ukuti, Kwenziwa yini ukuba imihla yamandulo ya i mihle kuna le na? ngokuba a u buzi ngokuhlakanipa ku loku.

11 Ukuhlakanipa kuhle njengefa; yebo, ku ba lungele kakulu labo aba bona ilanga. 12 Ukuhlakanipa ku isivikelo njengemali i isivikelo; kodwa ubungqongqo bokwazi yiloku, ukuba ukuhlakanipa ku ya kweza ukupila kwa lo o nako. 13 Qonda umsebenzi ka Nkulunkulu: ngoba ubani o ng'elula loku akugobileyo na? 14 Ngosuku lwenhlanhla yenama, ngosuku lokubi qonda; yebo, uNkulunkulu wenzile olunye lu bhekane nolunye, ukuze umuntu a ng'azi luto olu ya kuba kona ngasemva kwake.

15 Konke loku ngi ku bonile ezinsukwini zami ezi ize: ku kona olungileyo obubayo ekulungeni kwake, ku kona ishinga el'elula ukupila kwalo ebubini balo. 16 U nga bi olungileyo kakulu; futi u nga bi ohlakanipileyo ngokudhlulileyo: yini ukuba u zicite na? 17 U nga bi oshingayo kakulu, futi u nga bi isintumantuma: yini ukuba u fe ku nga ka bi isikati sako na? 18 Kuhle ukuba u bambisise loku; yebo, na ku loko u nga si buyisi isandhla sako: ngoba yena owesaba uNkulunkulu u ya kupumelela kuko konke.

19 Ukuhlakanipa ku ngamandhla kohlakanipileyo kunababusi aba ishumi aba semzini. 20 Impela a muko emhlabeni umuntu olungileyo, o wenza ukulunga, e ng'oni. 21 Futi u nga niki inhliziyo yako emazwini onke akulunywayo, funa u zwe isigqili sako si ku tuka; 22 ngokuba neyako inhliziyo i y'azi ukuba nawe u ba tukile abanye futifuti.

23 Konke loku ngi ku vivinyile ngokuhlakanipa: nga ti, Ngi ya kuhlakanipa; kodwa kwa ba kude nami. 24 Loku oku kona, ku kude, ku julile kakulu; ubani ongakufumanayo na? 25 Nga penduka, inhliziyo yami ya se i funa ukwazi nokuhlola, nokufunisisa ukuhlakanipa, nenqindi yezinto nokwazi ukuti uku-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukwenza ku ka Nkulunkulu ngabalungileyo nababi a ku na kuqondwa.

shinga ku ubuwula, nobupukupuku bu ukugcwaneka. 26 Ngi m fumana e baba kunokufa owesifazana o nhliziyo yake i izihibe namaneta, nezandhla zake zi izibopo: omuhle ku Nkulunkulu wo sinda kuye; kepa isoni si ya kubanjwa uye. 27 Bheka, loko ngi ku fumene, u sho umshumayeli, ngi linganisa enye into nenye, ukuze ngi fumane inqindi; 28 e funwa umpefumulo wami namanje, kodwa a ngi yi fumani: indoda inye pakati kwenkulungwane ngi yi fumene; kodwa owesifazana a ngi m fumananga pakati kwabo bonke labo. 29 Bhekake, ngi ku fumene loku kupela: ukuti uNkulunkulu wa m enza umuntu wa ba qoto; kodwa bona ba funile amacebo amaningi.

8 Ubani o njengesihlakanipi na? ubani o wazi ukuhlazulula indaba na? ukuhlakanipa kwomuntu ku ya kanyisa ubuso bake, ubulukuni bobuso bake bu guqulwe. 2 Mina ngi ya ku luleka, Gcina izwi lenkosi, yikakulu mayelana nesifungo si ka Nkulunkulu. 3 U nga sheshi ukumuka pambi kwayo; u ng'emi endabeni embi: ngokuba i y'enza loko ekwenameleyo. 4 Ngokuba izwi lenkosi li ya busa; ubani o nga ti kuyo, Wenzani? 5 Ogcinayo umyalo ka yi kuyazi into embi; inhliziyo yohlakanipileyo i y'azi isikati, nokwahlulela: 6 ngokuba kuyo yonke imihiba ku kona isikati nokwahlulela; ngokuba ububi bomuntu bukulu pezu kwake; 7 ngokuba ka kwazi oku ya kuba kona; ubani o nga m tshela ukuti ko ba njani na? 8 A muko o namandhla pezu kwomoya ukuba a wu tibele umoya; a ka namandhla pezu kwosuku lokufa; a kuko ukukululeka empini ku liwa: futi ukushinga a ku yi kumhlangulisa umnniko.

9 Loku konke ngi ku bonile, nga nikela inhliziyo yami emsebenzini wonke owenziwayo pansi kwelanga: ku kona isikati lapo umuntu e busa omunye ku be ukuzilimaza. 10 Nga bonake amashinga embelwa, a fika etuneni: nab'enze okulungileyo ba muka endaweni engcwele, ba kohlakala emuzini: na loku ku yize. 11 Ngokuba isinqumo ngomsebenzi omubi a si fezwa masinyane, ngako inhliziyo yamadodana abantu i qunga isibindi sokwenza okubi. 12 Noma isoni s'enza okubi ku pindwe ku ze ku be ikulu, nezinsuku zaso z'andiswe, kanti noko ngi y'azi impela ukuti ko ba kuhle ku bona abamesabayo uNkulunkulu, ab'esaba pambi kwake: 13 kodwa a ku yi kuba kuhle ko ishinga, a li yi kuzandisa izinsuku zalo, ezi njengetunzi; ngokuba a l'esabi pambi ku ka Nkulunkulu.

14 Ku kona oku yize okwenziwayo emhlabeni, ukuti ku kona abalungileyo ab'ehlelwa okomsebenzi wamashinga; futi ku kona amashinga ehlelwa okomsebenzi wabalungileyo: nga ti, Na loku ku yize. 15 Nga se ngi babaza ukutokoza, ngokuba umuntu e nge nako okuhle pansi kwelanga, kunokuba a dhle, a puze, a tokoze: ngokuba loko ku ya kuhlala kuye ekukandhlekeni kwake izinsuku zokuhamba kwake, a zi piwe uNkulunkulu ngapansi kwelanga.

16 Kwa t'uba ngi nikele inhliziyo yami ukuba ng'azi ukuhlakanipa, ngi bone umgidingo o wenziwa emhlabeni (ngokuba ku kona ongaboniyo ubutongo ngamehlo ake imini nobusuku), 17 nga se ngi bona umsebenzi wonke ka Nkulunkulu, ukuti umuntu a nge fumane umsebenzi owenziwayo pansi kwelanga: ngoba, noma umuntu e kandhleka kangakanani ukuwufunisisa, a ka yi kuwufumana; futi, noma ohlakanipileyo e ti, u ya w'azi, noko a ka yi kuba namandhla okuwufumana. 1 Loku konke nga

9 ku beka enhliziyweni yami, ukuba ngi penye konke loku: ukuti abalungileyo, nabahlakanipileyo, nemisebenzi yabo, ku sesandhleni si ka Nkulunkulu; noma ku utando, noma ku inzondo, a kwaziwe umuntu; konke ku ngapambili kwabo.

2 Konke kwehlela bonke ngokufanayo: into inye kwabalungileyo na ku mashinga; koqoto nohlambulukileyo nongcolileyo; ko wenza umhla-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

tshelo na kongawenziyo; oqoto u njengesoni; ofungayo u njeng'owesaba isifungo. 3 Loku ku okubi kuko konke okwenziwa pansi kwelanga, ukuba bonke b'ehlelwe into inye: yebo, inhliziyo yamadodana abantu i gcwele okubi, ukugcwaneka ku kona enhliziyweni yabo, be sa pila anduba ba ye kwabafileyo. 4 Ngokuba ku kona itemba kuye o hlangene nabo bonke abapilayo; ngoba inja ezwayo inhle kunengonyama efileyo. 5 Ngokuba abapilayo ba y'azi ukuti ba za kufa: kodwa abafileyo a b'azi luto, a ba se nawo namvuzo; ngokuba a ba sa kunjulwa se be kohlekile. 6 Se kade kwa buba utando lwabo, nenzondo yabo, nomona wabo, a ba se na sabelo ku ze ku be nini ezintweni ezenziwayo pansi kwelanga.

7 Hambake, u dhle isinkwa sako ngokutokoza, u puze iwayini lako ngenhliziyo encibilikileyo; ngokuba uNkulunkulu u se y'amkele imisebenzi yako. 8 Izingubo zako ma zi be mhlope ngezikati zonke; nekanda lako ma li nga sweli amafuta. 9 Hlala kahle nomkako omtandayo zonke izinsuku zokuhamba kwako oku yize, a ku nika zona pansi kwelanga, izinsuku zako zonke ezi yize: ngoba loku ku isabelo sako ekupileni, na sekukandhlekeni kwako o kandhleka ngako pansi kwelanga. 10 Konke isandhla sako esikufumanayo ukukwenza, kwenze ngamandhla ako; ngoba a kuko msebenzi, nacebo, nakuhlakanipa eSheoli lapo u ya kona.

11 Nga buya, nga bona pansi kwelanga, ukuba ukujaha a ku yi ngaba nejubane, nokulwa ngaba iziqwaga, nesinkwa ngabahlakanipileyo, nengcebo ngaba nokuqonda, nesasasa ngaba nokwazi; kodwa bonke ba fikelwa isikati nomehlo. 12 Ngoba umuntu ka s'azi nesikati sake; njengezinhlanzi ezi bajwa eneteni elibi, na njengezinyoni ezi bambeka ogibeni, ku njalo amadodana abantu a ya tiywa ngesikati esibi, uma si wela pezu kwabo ngokuzuma.

13 Futi ngi bone kanje ukuhlakanipa pansi kwelanga, ngi ku bone ku kukulu: 14 kwa ku kona umzana, u nabantu aba ingcozana pakati kwawo; kwa fika inkosi enkulu kuwo, ya wu vimbezela, y'aka izindonga ezinkulu nga kuwo. 15 Kwa funyanwake kuwo umuntu ompofu ohlakanipileyo, yena ngokuhlakanipa kwake wa hlangulisa lo muzi; noko a ku bangako muntu owamkumbulayo lowo muntu ompofu. 16 Nga se ngi ti, Ukuhlakanipa kuhle kunobuqwaga: noko ukuhlakanipa kwompofu ku delelekile, namazwi ake a ka zwiwa. 17 Amazwi abahlakanipileyo ezwiwa ekutuleni mahle kunokumemeza kwake o busa pakati kweziwula. 18 Ukuhlakanipa kuhle kunezikali zokulwa; kepa isoni si sinye si bubisa okuhle okuningi.

10 Izimpukane ezifileyo z'enza amafuta omtaki a nuke kabi; ku njalo ubuwula obuncane bu sinda kunokuhlakanipa nodumo. 2 Inhliziyo yohlakanipileyo i nga kwesokunene sake; kepa eyesiwula i nga kwesokohlo. 3 Yebo, futi nxa isintumantuma si hamba endhleleni, si pelelwa ingqondo yaso, si sho kubo bonke ukuti si isiwula. 4 Uma umoya wombusi u ku vukela, u nga shiyi indawo yako; ngokuba ukutamba ku dambisa izono ezikulu.

5 Ku kona okubi engikubonileyo pansi kwelanga, ku njengesiposiso esi vela ku mbusi: 6 ubuwula bu bekwe ezindaweni ezipakemeyo kakulu, abacebileyo ba hlezi ekutotshisweni. 7 Ngi bonile izigqili zi kwele amahashi, nezikulu zi hamba pansi njengezigqili.

8 Ombayo umgodi u ya kuwela kuwo; o fohla utango, u ya kulunywa inyoka. 9 O kipa amatshe u ya kulinyazwa iwo; o banda izinkuni u sengozini ngazo. 10 Uma insimbi i butuntu, umuntu e nga yi loli usiko, wo gonyoza ngamandhla: kodwa ukuhlakanipa ku ya siza ukuqondisa. 11 Uma inyoka i luma i nga ka lunjwa, a luko usizo kolumbayo.

12 Amazwi omlomo wohlakanipileyo a nomusa; kepa izindebe zo-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ma ka kutale a pane noma kunjani, a fune uMdali e se musha.

mlomo wesiwula zo si gwinya sona. 13 Ukuqala kwamazwi omlomo waso ku ubuwula; nokupela kwokukuluma kwaso ku ukugcwaneka okubi. 14 Isintumantuma s'andisa amazwi futi: kepa umuntu ka kwazi oku ya kuba kona; loko oku ya kuba kona emva kwake, ubani ongamtshelayo? 15 Ukukandhleka kweziwula ku ya zi qoba zonke; ngokuba a si kwazi ukuya emzini.

16 Maye wena, Lizwe, uma inkosi yako i ngumntwana, izikulu zako zi dhla ekuseni! 17 U busisiwe wena, Lizwe, uma inkosi yako i yindodana yabanumzana, izikulu zako zi dhla ngesikati esifaneleyo, ukuba zi tole amandhla, ku nge ukudakwa! 18 Ngobuvila upahla lu ya badalala; ngokwenqena kwezandhla i ya neta indhlu. 19 Isidhlo s'enzelwa ukuhleka, iwayini li ya tokozisa umzimba; imali i mela konke. 20 U nga yi tuki inkosi, qabo, na semcabangweni wako; u nga tuki abacebileyo, na sekamelweni lako lokulala: ngoba inyoni yezulu i ya kuhambisa izwi, e namapiko i veze indaba.

11 Ponsa isinkwa sako emanzini; ngokuba u ya kusifumana emva kwezinsuku eziningi. 2 Yabela aba isikombisa, yebo, naba isishiyangalombili; ngokuba a u kwazi okubi oku ya kuba kona emhlabeni. 3 Uma amafu e gcwele imvula, a ya yi tululela emhlabeni; uma umuti u wa nga seningizimu, noma nga senyakato, endaweni o wele kuyo, u yo lala kona. 4 O qapela umoya a ka yi kuhlwanyela; o buka amafu a ka yi kuvuna. 5 Njengokuba u nga y'azi indhlela yomoya ukuti i yini, nokuba amatambo a kula kanjani esiswini sokulelweyo; ku njalo a u y'azi imisebenzi ka Nkulunkulu o wenza konke. 6 Kusasa hlwanyela imbeu yako, na kusihlwa u nga buyisi isandhla sako; ngokuba a wazi ukuba i yipi e ya kupumelela, noma yile, noma yileya, noma zombili zi ya kuba zinhle ngokufanayo. 7 Impela ukukanya ku mnandi, kuhle kuwo amehlo ukubona ilanga. 8 Yebo, uma umuntu e hamba iminyaka emiingi a ka tokoze kuyo yonke; noko ka kumbule izinsuku zobumnyama, ngokuba zi ya kuba ziningi. Konke okuzayo ku yize.

9 Tokoza nsizwa ebusheni bako, ma i ti inhliziyo yako i kwesasise ezinsukwini zobusha bako, u hambe ezindhleleni zenhliziyo yako, na sekuboneni kwamehlo ako; wazike noko, ukuba ngenxa yako konke loku uNkulunkulu u ya kukuyisa ekwahlulelweni. 10 Ngakoke susa usizi enhliziyweni yako, u lahle okubi enyameni yako; ngokuba ubusha nobudoda bu yize. **12** 1 Kumbula uMdali wako ezinsukwini zobusha bako, zi nga ka fiki izinsuku zokubi, neminyaka i nga ka sondeli, o ya kuti ngayo, A ngi na kwenama kuyo; 2 ku nga ka bi mnyama ilanga, nokukanya, nenyanga, nezinkanyezi, amafu e nga ka buyi emva kwemvula; 3 ngosuku lapo abalindi bendhlu be ya kututumela, naba nobuqawe ba zigobe, nabasili ba yeke ngokuba be yingcozana, nabalunguzayo ngezibuko ba hlwelwe, 4 neminyango i valwe esitaladini; nxa umsindo wokusila u su ncipile, umuntu a vuswe ukukala kwenyoni, namadodakazi okuhlabelela onke a be e folile; 5 yebo, ba ya kwesaba okupakemeyo, amavuso a be sendhleleni; umuti weyalemondi u ya kukahlela, intete i be umtwalo, imfiso i pele; ngokuba umuntu u ya ekaya lake eli mi kade, abalilayo ba zungazungeze ezitaladini: 6 i nga ka gqabuki intambo yesiliva, nokamba lwegolide lu nga ka pahlazeki, nembiza i nga ka fi emtonjeni, nesondo li nga k'apuki nga semgodini wamanzi, 7 utuli lu buyele emhlabatini njengokuba lwa lu njalo, umoya u buyele ku Nkulunkulu owawukipayo. 8 Ize leze, u sho umshumayeli; konke ku yize.

9 Nga pezu kwa loko ngokuba umshumayeli wa be hlakanipile, wa hlala e ba fundisa abantu ukwazi; yebo, wa zindhla, wa pendhla, wa lungisa izaga eziningi. 10 Umshu-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukupela kwendaba.

mayeli wa funa ukutola amazwi enamisayo, na loku okwa lotshwa ngobuqoto, amazwi eqiniso.

11 Amazwi abahlakanipileyo a njengezinciji; a njengezipikili ezi betelwa kahle amazwi abapati bemibutano, a vela ku malusi munye. **12** Na nga pezu kwa lokoke, ndodana yami, ma u xwayiswe iloku: ukwenza izincwadi eziningi a ku na kupela; ukufunda kakulu ku ukuqobeka kwomzimba.

13 Naku ukupela kwendaba; se ku zwakele konke: M esabe uNkulunkulu, u gcine imiyalo yake; ngoba loku ku imfanelo yonke yomuntu. **14** Ngokuba uNkulunkulu wo yisa imisebenzi yonke ekwahlulelweni, kanye nako konke okusitekileyo, nokuba ku kuhle, nokuba ku kubi.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

INGOMA KA SOLOMON

Umakoti nezintombi. Umakoti nomyeni ba kulumisana ngotando.

1 Ingoma yezingoma e ng'e ka Solomon.

2 Ma ka ng'ange ngokwanga kwomlomo wake;
Ngokuba utando lwako lu mnandi kunewayini.
3 Amafuta ako a nepunga elimnandi;
Igama lako li njengamafuta atululiweyo;
Ngako izintombi zi ya ku tanda.
4 Ngi donse; si ya kugijima emva kwako:
Inkosi i ngi ngenisile emakamelweni ayo;
Si ya kwetaba si tokoze ngawe;
Si ya kukuluma ngotando lwako kuna ngewayini:
Ba ya ku tanda ngobuqoto.

5 Ngi mnyama, ngi nogazi kodwa,
Nina, madodakazi a seJerusalem,
Njengamatente a seKedare,
Njengezisitezo zi ka Solomon.
6 Ni nga ngi buki, ngokuba ngi ntsundu,
Ngokuba ilanga li ngi fusile.
Amadodana ka mame a be ngi tukutelele;
A ng'enza umlindi wezivini;
Kepa esami isivini a ngi si lindanga.
7 Ngi tshele, wena o tandwa umpefumulo wami,
U w'aluselapi umhlambi wako?
U wu butiselapi emini?
Yini ukuba ngi be njengogubuzeleyo
Nga semihlambini yamagxebe ako?

8 Ukuba ka wazi, wena muhlekazi pakati kwesifazana,
Puma u hambe ngemikondo yomhlambi;
Waluse amacwane ako nga sematenteni abalusi.
9 Ngi ku fanisile, Sixebe sami,
Nehashi lezinqolana zi ka Faro.
10 Izihlati zako zinhle zi namanqakida,
Nentamo yako i neziwondo.
11 Si ya kukwenzela amanqakida egolide
Namaqosha esiliva.

12 Inkosi i sa hlezi etafuleni layo,
Inardi lami la tapuka ipunga lalo.
13 Isitandwa sami si ingqaba yemure kimi,
E lele emkatini wamabele ami.
14 Isitandwa sami kimi si njengesihleke sembali yehena
Ezivinini za seEn-gedi.

15 Bheka, u muhle, sixebe sami;
Bheka, u muhle;
Amehlo ako a njengawamajuba.

16 Bheka, u muhle, sitandwa sami, yebo, u mnandi:
Umbede wetu u luhlaza futi.
17 Imiqadi yendhlu yetu i imisedare,
Imijanjato i ngamafire.

2 Ngi intebe ya seSharon,
Umnduze wezigodi.

2 Njengomnduze pakati kweminga,
Si njalo isixebe sami pakati kwamadodakazi.

3 Njengom-apula pakati kwemiti yehlati,
Si njalo isitandwa sami pakati kwamadodana.
Nga hlala pansi kwomtunzi waso ngokwenama okukulu,
Isitelo saso sa si mnandi emlonyeni wami.
4 Sa ngi leta endhlini yewayini,
Isibonakaliso saso pezu kwami sa si utando.
5 Ngi paseni ngezicaba samavini,
ni ngi hlumelele ngama-apula;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ba ya funana ba fumanisane.

Ngokuba ngi ya fa utando.
6 Isandhla saso sokohlo si ngapansi kwekanda lami,
Isandhla saso sokunene si ya ngi gona.

7 Ngi ya ni fungisa, madodakazi a seJerusalem,
Ngezinsepe, na ngezindhluzelekazi za zendhle,
Ukuba ni nga vusi, ni vuselele otandiweyo,
E nga ka tandi.

8 Ipimbo lesitandwa sami! Nasi si y'eza,
S'eqa pezu kwezintaba,
Si gxangxula pezu kwamagquma.
9 Isitandwa sami si njengensepe, nesixumu sendhluzele:
Nasi, si mi ngemva kwodonga lwa kwetu;
Si lunguza ezibukweni;
Si ti hxabe ngehele.

10 Isitandwa sami si kulumile, sa ti kimi,
Vuka, sixebe sami, muhlekazi wami, hamba si hambe.
11 Ngokuba, bheka, ubusika se bu dhlulile;
Imvula i si pelile y'emuka;
12 Izimbali zi ya bonakala emhlabeni;
Isikati sokukala kwezinyoni si fikile,
Izwi lehobe li y'ezwakala ezweni la kiti;
13 Umkiwane u vutisa umpobo wawo,
Imivini i kahlele;
I tapuka ipunga layo.
Vuka, sixebe sami, muhlekazi wami, hamba si hambe.
14 Juba lami, emifanteni yesiwa,
Ekusitekeni kwoqolo,
Ma ngi bone ubuso bako,
Ma ngi zwe izwi lako;
Ngoba li mtoti izwi lako, nobuso bako bu nogazi.

15 Si bambeleni izimpungushe, izimpungushana,

Udwendwe lomtimba.

Ezonakalisa izivini;
Ngokuba izivini zetu zi kahlele.
16 Isitandwa sami si esami, nami ngi ngowaso:
Si y'alusa pakati kweminduze.
17 Ku ze ku pepete imini, amatunzi a muke,
Buya, sitandwa sami, u be njengensepe, nesixumu sendhluzele
Pezu kwezintaba za seBetere.

3 Ebusuku ocansini lwami
Nga m funa o tandwa umpefumulo wami:
Nga m funa, a nga ze nga m fumana.
2 Nga ti, Ngi zo vukake, ngi zungazungeze emzini;
Ezitaladini na sezigcawini
Ngi ya kumfuna o tandwa umpefumulo wami:
Nga m funa, a nga ze nga m fumana.
3 Abalindi aba zungazungeza emzini ba ngi fumana;
Nga ti, Ni m bonile o tandwa umpefumulo wami na?
4 Nga ti ukudhlula kubo kancane nje,
Nga se ngi m fumana o tandwa umpefumulo wami:
Nga m bamba, a nga ze nga m dedela,
Nga ze nga m ngenisa endhlini ka mame,
Ekamelweni la lowo owangikulelayo.

5 Ngi ya ni fungisa, madodakazi a seJerusalem,
Ngezinsepe, na ngezindhluzelekazi za sendhle,
Ukuba ni nga vusi, ni vuselele otandiweyo wami,
E nga ka tandi.

6 Ubani lo o wenyuka e vela ehlane
Njengezintshongo zomusi,
E qole ngemure na ngenhlaka,
Namaka onke omhwebi?

7 Bheka, uhlaka lu ka Solomon;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Udwendwe. Ku bongwa umakoti emtimbeni a pendule.

Lu haqiwe iziqwaga ezi ngamashumi a isitupa,
Kuzo iziqwaga za kwa Israeli.
8 Zonke zi pete izinkemba, zi fundile ukulwa:
Ilowo muntu u nenkemba yake etangeni lake,
Ngenxa yovalo ebusuku.
9 Inkosi uSolomon wa z'enzela uhlaka lobukosi
Ngemiti ya seLebanon.
10 W'enza izinsika zalo ngesiliva,
Ipansi lalo ngegolide, isihlalo ngokububende,
Pakati kwalo ku gandaywe ngotando
Lwamadodakazi a seJerusalem.
11 Pumani, nina madodakazi a seZiyon, ni bone inkosi uSolomon,
E faka umqele a wu qeliswa unina
Ngosuku lokugcagciswa kwake,
Ngosuku lwentokozo yenhliziyo yake.

4 Bheka, u muhle, sixebe sami; bheka, u muhle;
Amehlo ako a njengawamajuba ngasemva kwolwembu lwako.
Izinwele zako zi njengomhlambi wezimbuzi,
Ezi te watalala eqeleni lentaba iGiliyadi.
2 Amazinyo ako a njengomhlambi wezimvukazi ezi sand'ukugundwa.
Zi kupuka zi vela ekugezweni,
Ezi namawele zonke,
A yiko nanye efelweyo pakati kwazo.
3 Izindebe zomlomo wako zi umucu obomvu,
Umlomo wako muhle.
Izikala zako zendhlebe zi njengocezu lweharanate
Ngasemva kwolwembu lwako.
4 Intamo yako i njengomboshongo ka Davida
O wakelwa ukuba u be inyango yezikali,
Lapo ku panyekwa kona amahau a inkulungwane,
Izihlangu zonke zeziqwaga.
5 Amabele ako amabili a njengezixumu ezimbili
Ezi ngamawele ensepe,
Ezi dhla pakati kweminduze.

6 Ku ze ku pole imini, amatunzi a muke,
Ngo ya entabeni yemure,
Na segqumeni lenhlaka.

7 U muhle nya, sixebe sami;
A kuko sici kuwe.
8 Woza si muke eLebanon, makoti wami,
Si muke eLebanon:
U buke u sesiqongweni seAmana,
U sesiqongweni seSenire nese-Hermon,
U semihumeni yezingonyama,
U sezintabeni zezingwe.
9 U ng'apucile inhliziyo yami, dade wetu, makoti wami;
U ng'apucile inhliziyo yami ngeli lodwa lamehlo ako,
Ngomgexo munye wentamo yako.
10 Lu mnandi kangaka utando lwako, dade wetu, makoti wami!
Luhle kangakanana kunewayini utando lwako!
Nepunga lamafuta ako kunamaka onke!
11 Umlomo wako, makoti wami, u tonsa njengamakekeba:
Uju nobisi ku kona pansi kwolimi lwako;
Ipunga lezingubo zako li njengepunga leLebanon.
12 U insimu ehlutulelweyo udade wetu, umakoti wami;
Umtombo ohlutulelweyo, nesipetu esi valiwe ngopau.
13 Amahlumela ako a yinsimu yemiharanate, e nezitelo ezinqabileyo;
Ihena nenardi,
14 Inardi nesafron,
Nomhlanga otapukayo nekinamon, nemiti yonke yenhlaka;
Imure nenhlaba, namaka onke a inhloko.
15 Wena u isipetu samasimu,
Umtombo wamanzi apilayo,
Nezifufula ezi puma eLebanon.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku pendula umyeni. Bahlukaniswa isikati. Ba ya bongana.

16 Vuka, Moya wenyakato; u ze, wena Ningizimu;
Pepeta ensimini yami, ukuba amaka ayo a tapuke.
Ma si ngene isitandwa sami ensimini yaso,
Si dhle izitelo zaso ezinqabileyo.

5 Se ngi ngene ensimini yami, dade wetu, makoti wami:
Nga buta imure yami namaka ami;
Nga dhla amakekeba ami kanye noju lwami;
Nga puza iwayini lami kanye nobisi lwami.
Yidhlanike, zihlobo zami;
Puzani pela, ni puze kakulu, Batandwa.

2 Be ngi lele, kepa inhliziyo yami i papeme:
Nanti izwi lesitandwa sami esingqongqotayo, si ti,
Ngi vulele, dade wetu, sitandwa sami, juba lami, opeleleyo wami;
Ngokuba ikanda lami li gcwele umbete,
Isihlutu sami si gcwele amaconsi obusuku.
3 Se ngi kumulile ingubo yami; ngi ya kuyifaka kanjani?
Se ngi gezile izinyawo zami; ngo zi ngcolisa kanjani?
4 Isitandwa sami si ngenise isandhla saso ngembobo yesicabha,
Izibilini zami za sikwa ngaye.
5 Nga vuka ukusivulela isitandwa sami;
Izandhla zami za tonsa imure,
Neminwe yami imure elimanzi,
Pezu kwezipato zesihlutulelo.
6 Nga si vulela isitandwa sami;
Kepa be si qwishile isitandwa sami, sa dhlula.
Nga pelelwa umpefumulo wami ekukulumeni kwaso:
Nga si funa, a nga ze nga si fumana;
Nga si biza, a si sabelanga.
7 Abalindi aba zungazungeza emzini ba ngi fumana,
Ba ngi shaya, ba ngi limaza;
Abalind'izingange ba ng'apuca imvakazi yami.
8 Ngi ya ni fungisa, madodakazi a seJerusalem,
Uma ni fumana isitandwa sami,
Ni si tshele, ukuti, ngi ya fa utando.

9 Isitandwa sako si yini kunesitandwa somunye,
Wena, omuhle pakati kwesifazana?
Isitandwa sako si yini kunesitandwa somunye,
Ukuba u si fungise kanje?

10 Isitandwa sami si mhlope, si intotombela,
Ingqoza pakati kwezinkulungwane ezi ishumi.
11 Ikanda laso li njengegolide elicwengekileyo elihle;
Isihlutu saso si ya nutuzela, si mnyama njengegwababa.
12 Amehlo aso a njengamajuba emifuleni yamanzi,
A hlanzwe ngobisi, a njengamatshe a fakwe esisekelweni.
13 Izihlati zaso zi njengesivande samaka,
Njengemiganga yemishana e nuka kamnandi:
Umlomo wake u njengeminduze, u tonsa imure elimanzi.
14 Izandhla zake zi njengezindandato zegolide ezi fakwe ngamatshe eberule:
Isidumbu sake si njengento eyenziwe ngopondo lwendhlovu lu qondelwe ngamasafire.
15 Imilenze yake i njengezinsika zetshe elimhlope ezi bekwe pezu kwezisekelo zegolide elihle:
Isimo sake si njengeLebanon, si ya keteka njengemisedare.
16 Umlomo wake u mnandi kakulu;
Yebo, u ya nxaneleka wonkana.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ba ya bongana. Ba hlanganiswa ngotando olungahlulwayo.

Yilesi isitandwa sami yilesi isihlobo sami,
Nina madodakazi a seJerusalem.

6 Si ye ngapi isitandwa sako,
Wena muhlekazi pakati kwesifazana?
Si shone ngapi isitandwa sako,
Ukuba si si fune nawe?

2 Isitandwa sami s'ehlele ensimini yaso,
Si ye ezivandeni zamaka,
Ukuba s'aluse emasimini, si ke iminduze.
3 Ngi ngowesitandwa sami, nesitandwa sami si ngesami:
Si y'alusa pakati kweminduze.

4 U muhle, sixebe sami, njengeTirza,
U nogazi njengeJerusalem,
U y'esabeka njengempi i pete amaduku.
5 Susa amehlo ako kimi,
Ngokuba a se ng'ahlulile.
Izinwele zako zi njengomhlambi wezimbuzi,
Ezi te watalala eqeleni la seGiliyadi.
6 Amazinyo ako a njengomhlambi wezimvukazi,
Ezi kupuka zi vela ekugezweni;
Ezi namawele zonke,
A yiko nanye efelweyo pakati kwazo.
7 Izikala zako zendhlebe zi njengocezu lweharanate
Ngasemva kwolwembu lwako.
8 Ku kona amakosikazi a ngamashumi a isitupa, nezancinza ezi ngamashumi a isishiyangalombili,
Nezintombi ezi nge na kubalwa.
9 Ijuba lami, opeleleyo wami, u yedwa;
U ngoyedwa ku nina;
U ngoketiweyo wake owamzalayo.
Amadodakazi a m bona, a ti u busisiwe;
Yebo, wa dunyiswa amakosikazi nezancinza.

10 Ubani lo olunguzayo njengokusa,
Muhle njengenyanga,
U cwebile njengelanga,
U y'esabeka njengempi e pete amaduku na?

11 Ng'ehlela ensimini yamanati,
Ukuyobona uhlaza lwesihlambo,
Ukubona ukuba umvini u qakazile yini,
Nemiharanate i kahlele na.
12 Ngi nga k'azi luto, umpefumulo wami wa ngi faka
Pakati kwezinqolana zabantu ba kiti bobukosi.

13 Buya, buya, mShulamikazi;
Buya, buya, ukuba si ku buke.

Ni ya kumbukelani umShulamikazi,
Njengokungati ku bukwa ukusina kwa seMahanayim?

7 Yeka ubuhle bezinyawo zako zi nezicatulo, wena ndodakazi yenkosana!
Imibulunga yamatanga ako i fana nesivunulo,
Umsebenzi wezandhla zengcweti.
2 Isisu sako si njengomkele o indilinga,
Oku nga sweleki kuwo iwayini elixutshanisiweyo:
Ukalo lwako lu njengembhundu ka kolweni
E vinjezelwa ngeminduze.
3 Amabele ako amabili a njengezixumu ezimbili
Ezi ngamawele ensepe.
4 Intamo yako i njengomboshongo wopondo lwendhlovu;
Amehlo ako a njengamacibi a seHeshbon,
Nga sesangweni la seBate-rabim;
Impumulo yako i njengomboshongo wa seLebanon
O bheke nga seDamaseku.
5 Ikanda lako kuwe li njengeKarmeli,
Nomyeko wekanda lako u njengokububende;
Inkosi i boshwe ngesiyendhle sawo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku hlanganiswa umakoti nomyeni ngotando olungahlulwayo.

6 U muhle kangaka, u mnandi kangaka,
Wena otandiweyo ekutamaseni!
7 Ubujijane bako bu fana nesundu,
Namabele ako a njengezihleke zalo.
8 Nga ti, Ngo kwela esundwini,
Ngi bambe amahlamvu alo:
Amabele ako ma ka be njengezihleke zomvini,
Ipunga lokupefumula kwako li be njengama-apula,
9 Umlomo wako u be njengewayini elihle,
Eli wululekela kahle isitandwa sami,
Li bange ukuba ku kulume umlomo wabaleleyo.

10 Ngi ngowesitandwa sami;
Si ya ngi nxanela.
11 Woza, sitandwa sami, ma si ye endhle;
Ma si lale emizaneni.
12 Ma si vuke ekuseni si ye ezivinini;
Ma si bone ukuba umvini u qakazile yini,
Nembali yawo i vulekile yini,
Nemiharanate i kahlele yini:
Konake ngi ya kukunika utando lwami.
13 Amamandrake a ya tapuka ipunga;
Nga seminyango yetu ku kona izinhlobo zonke zezitelo ezinqabileyo, ezintsha nezidala,
Engi zi bekelele wena, sitandwa sami.

8 Sengati nga u njengomfo wetu,
Owa ncela amabele ka mame!
Uma be ngi ku fumana pandhle, be ngi ya'u kwanga;
Yebo, ngi nga delelwa muntu.
2 Be ngi ya kukuhola, ngi ku yise endhlini ka mame,
O be ya kungifundisa;
Be ngi ya kukupuzisa iwayini eliyolisiweyo,
Namanzi amnandi amaharanate ami.
3 Isandhla sake sokohlo be si ya kuba pansi kwekanda lami,
Isandhla sake sokunene si ngi gone.
4 Ngi ya ni fungisa, madodakazi a seJerusalem,
Ukuba ni nga vusi, ni vuselele otandiweyo wami,
E nga ka tandi.

5 Ubani lo o wenyuka e vela ehlane,
Encike esitandweni sake?

Nga ku vusa ngapansi kwomapula:
Kona lapo unyoko wa e nemisiko ngawe,
Kona lapo wa e nezinseka owakuzalayo.

6 Ma u ngi beke njengopau enhliziyweni yako,
Njengopau emkonweni wako:
Ngokuba utando lu namandhla njengokufa;
Isikwele si lukuni njengeSheoli;
Ukulanguzela kwaso ku ngukulanguzela kwomlilo,
Ilangabi elivutayo li ka Jehova.
7 Amanzi amaningi a nge lu cime utando,
Imifula i nge lu minzise:
Uma umuntu e nga nika impahla yonke yendhlu yake enana utando,
A ng'eyiswa nokweyiswa.

8 Si nodade wetu omncane,
Ka nawo amabele:
Si ya kwenze njani ngodade wetu
Mhla e celwa?

9 Uma e ba udonga,
Si ya kwaka pezu kwake umboshongwana wesiliva:
Uma e ba umnyango,
Si ya kumvimbela ngamapulangwe omsedare.

10 Ngi udonga, namabele ami a njengemiboshongo yalo:

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku hlanganiswa umakoti nomyeni ngotando olungahlulwayo.

Nga se ngi ba emehlweni ake
njengo fumene ukutula.

11 USolomon wa e nesivini eBalehamon;
Wa si nika isivini ku bapati;
Ukuze ilowo a lete ngezitelo zaso
izinkulungwane yezinhlamvu
zesiliva.

12 Isivini sami, esi ngesami, si pambi kwami:
Wena, Solomon, yo ba eyako
inkulungwane,

Aba pata isitelo saso ba tole
amakulu amabili.

13 Wena o hlala emasimini,
Amagxebe a ya li lalela izwi
lako:
A ke u ngi zwise lona.

14 Shesha, sitandwa sami,
U fane nensepe nesixumu se-
ndhluzele
Pezu kwezintaba zamaka.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

INCWADI KA
ISAYA

Ubuxwala babantu. Ba konza ngomlomo. Ukwonakala kweZiyon.

1 Umbono ka Isaya ka Amozi, awubonayo ngoJuda neJerusalem, ezinsukwini zi ka Uziya, noJotam, noAhazi, noHezekiya, amakosi a kwa Juda.

2 Yizwani, mazulu, u bek'indhlebe, mhlaba; ngoba uJehova u kulumile, wa ti, Ngi kulisile ng'ondhlile abantwana, ba ngi hlamukile. 3 Inkomo i ya m azi umniniyo, imbongolo i ya wazi umkombe womnikaziyo; uIsraeli k'azi, abantu bami ka ba qondi. 4 Au, sizwe esonayo, abantu aba sindwa ububi, inzalo yab'enza okubi, abantwana abonakeleyo! ba m shiyile uJehova, ba m delele oNgcwele ka Israeli, ba bhungukile ba buyele emva. 5 Yini ukuba ni be yiloku ni shaywa, loku n'engeza ukwambuka? ikanda lonke li ya gula, inhliziyo yonke i pel'amandhla. 6 Ku suka onyaweni pansi ku ze ku fike ekanda, a kuko ndawo epilileyo kuwo; amanxeba nje nezixatu nemivimbo ecicayo: a yi kanywanga, a yi boshwanga, a yi tanjiswanga na ngamafuta. 7 Izwe lenu li citekile; imizi yenu i shiswe ngomlilo; izwe lenu li dhliwa abafokazi pambi kwenu, li citekile njeng'eli citwe abafokazi. 8 Indodakazi ya seZiyon i sele njengexiba esivinini, njengefokozi ensimini yamaselwa, njengomuzi ovinjezelweyo. 9 Uma uJehova wamabandhla e nga si shiyelanga abokulandula, sa si ya kuba njengeSodom, sa si ya kufana neGomora.

10 Yizwani izwi li ka Jehova, nina babusi ba seSodom; bekani indhlebe kuwo umteto ka Nkulunkulu wetu, nina bantu ba seGomora. 11 I yini kimi imihlatshelo yenu eminingi? u sho uJehova: se ngi diniwe iminikelo eshiswayo yezinqama, namanoni amatole akulupalisiweyo; a ng'enameli igazi lamaduna, nelezimvana nelezimpongo. 12 Nxa ni fika ukubonakala pambi kwami, loku ku bizwe ngubani esandhleni senu, ukuba ni nyatele emagcekeni ami na? 13 Ni nga be ni sa yi leta iminikelo yeze; impepo i yicilo kimi; ukwetwasa kwenyanga nesabata nokubiza izimbizo,—a ngi na kukumela okubi, nomhlangano ozotileyo. 14 Ukwetwasa kwezinyanga zenu nemikosi yenu emisiweyo ku ya zondwa umpefumulo wami; ku inkatazo kimi; ngi ya dinwa ukukutwala. 15 Lapo n'elula izandhla zenu, ngi ya kunishalazela; yebo, na lapo n'andisa imitandazo, a ngi yi kuzwa; izandhla zenu zi gcwele igazi. 16 Gezani, ni hlanzeke; ni suse ububi bezenzo zenu pambi kwamehlo ami; yekani ukwenza okubi; 17 ni funde ukwenza okulungileyo; ni fune ukwahlulela, sizani ababandezelweyo, n'ahlulele kahle izinkedama, ni melele umfelokazi.

18 Wozanike, ma si qondisane, u sho uJehova: noma izono zenu zi njengokubomvu, zi ya kuba mhlope njengongqoqwane; noma zi bomvu tebu, zi ya kuba njengoboya bezimvu. 19 Uma ni vuma ni lalela, ni ya kudhla okuhle kwezwe: 20 kepa uma n'ala ni hlubuka, ni ya kudhliwa inkemba; ngokuba umlomo ka Jehova u ku kulumile.

21 Yeka umuzi otembekayo, ukupenduka kwawo isifebe! owa u gcwele ukwahlulela, kwa ku hlala ukulunga kuwo, kepa manje ku hlala ababulali. 22 Isiliva lako se li inyela, iwayini lako se li hlanjululwe ngamanzi. 23 Izikulu zako zi ya hlubuka, zi amagxebe amasela; zonke zi tanda izipo, zi landela imivuzo: a z'ahluleli inkedama, nendaba yomfelokazi a i fiki kuzo.

24 Ngako i sho iNkosi, uJehova wamabandhla, umNinimandhla ka

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

IZiyon li za kusindiswa; uJehova a buse izwe; ku pele izitombe.

Israeli i ti, E, ngi ya kuziduduza kwabayimpi kimi, ngi zipindisele kwaba izita zami; **25** ngo buyisela isandhla sami pezu kwako, ngi li cwengisise inyela lako, ngi suse lonke itini lako; **26** ngi ya kubuyisela abahluli bako njenga kuqala, nompakati wako njengamandulo: ngasemva kwa loko u ya kutiwa umuzi wokulunga, umuzana otembekayo. **27** IZiyon li ya kuhlengwa ngokwahlulela, nabapendukayo kulo ngokulunga. **28** Abapambukayo nezoni ba ya kubujiswa kanyekanye, abamshiyayo uJehova ba ya kuqedwa. **29** Ngokuba ba ya kuba namahloni ngemioki enayinxanelayo, ni ya kuyangaza ngamasimu enawaketayo. **30** Ngokuba ni ya kuba njengomoki oqabunga lawo li gangatekayo, na njengensimu e nge namanzi. **31** O namandhla u ya kuba njengempokwe, umsebenzi wake u be njengenhlansi; ku ya kusha kokubili kanyekanye, a ku yi kucinywa muntu.

2 Izwi alibonayo uIsaya ka Amozi ngoJuda neJerusalem.

2 Ko ti ngezinsuku zokugcina, intaba yendhlu ka Jehova i miswe esiqongweni sezintaba, i pakame ngapezu kwamagquma; izizwe zonke zi teleke kuyo. **3** Abantu abaningi ba ya kuya ba ti, Wozani, ma s'enyukele entabeni ka Jehova, endhlini ka Nkulunkulu ka Jakobe; u ya kusiyalela izindhlela zake, si hambe emihambweni yake: ngoba umteto u ya kupuma eZiyon, nezwi li ka Jehova eJerusalem. **4** U ya kwahlulela pakati kwezizwe, a be unqamulanqe ku bantu abaningi; ba ya kukanda izinkemba zabo zi be izikuba, nemikonto yabo i be oncelemba; isizwe a si yi kupakamisela isizwe inkemba, a ba sa yi kufunda ukulwa.

5 Au, Ndhlu ka Jakobe, wozani, ma si hambe ekukanyeni ku ka Jehova. **6** Ngoba u ba delile abantu bako, indhlu ka Jakobe, ngokuba ba gcwele imikuba e vela empumalanga, ba izinyanga zemihlola njengamaFilisti, ba nikana izandhla nabantwana babezizwe. **7** Izwe labo li gcwele isiliva negolide, a kuko ukupela kwengcebo yabo; izwe labo li gcwele amahashi, a kuko ukupela kwezinqolana zabo. **8** Izwe labo li gcwele izitombe futi; ba kuleka kuwo umsebenzi wezandhla zabo, okwenziwe eyabo iminwe. **9** Umntukazana u ya foliswa, nomnumzana u ya totshiswa; ngakoke u nga ba teteleli. **10** Ngena etsheni, u zitukuse otulini, ngenxa yovalo ngoJehova, ngobucwazicwazi bobudhlondhlobala bake. **11** Ukucilileka kwomuntu ku ya kutotshiswa, nokuzikukumeza kwabantu ku fole, uJehova yedwa ó ya kupakanyiswa nga lolo suku.

12 Ngokuba ku ya kuba kona usuku lu ka Jehova wamabandhla pezu kwako konke okuzidhlayo nokucililekayo, na kuko konke okupakemeyo; ku ya kutotshiswa; **13** kuyo yonke imisedare ya seLebanon, edepileyo, nepakemeyo, na kuyo yonke imioki ya seBashan, **14** kuzo zonke izintaba ezinde, na kuwo onke amagquma apakemeyo, **15** na kuyo yonke imiboshongo epakemeyo, na kuzo zonke izingange ezi inqaba, **16** kuyo yonke imikumbi ya seTarshishi, na kuyo yonke imifanekiso emihle. **17** Ukuzikukumeza kwomuntu ku ya kufoliswa, ukucilileka kwabantu ku totshiswe; uJehova yedwa o ya kupakanyiswa nga lolo suku. **18** Izitombe zi ya kupela nya. **19** Abantu ba ya kungena emihumeni yamatshe, na sezingedeni zomhlaba, ngenxa yovalo ngoJehova, na ngobucwazicwazi bobudhlondhlobala bake, lapo e vuka ukuba a zamazamise umhlaba ngamandhla. **20** Nga lolo suku abantu ba ya kuponsa kuwo amavukuzi na kuwo amalulwane izitombe zabo zesiliva nezitombe zabo zegolide, ez'enzelwe bona ukuba ba kuleke kuzo; **21** ba ngene emihumeni yamatshe, na semifantwini yamawa, ngenxa yovalo ngoJehova, na ngobucwazicwazi bobudhlondhlobala bake, lapo e vuka ukuba a zamazamise umhlaba ngamandhla. **22** Ba ye-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku kacwa ababusi ba kwa Juda, nabesifazana aba onondindwa.

keni abantu, aba kupefumula kwabo
ku semakaleni abo; ku nga tiwa ba
yini na?
3 Ngoba, bheka, iNkosi, uJehova
wamabandhla, u ya susa eJerusalem na kwa Juda uzime nodondolo,
uzime lonke olu isinkwa, nozime lonke
olu ngamanzi; **2** isiqwaga, nendoda
yokulwa; umahluli, nomprofeti, no-
bhulayọ, nelunga; **3** induna yama-
shumi a isihlanu, nomuntu otusekayo, nompakati, nengcweti yokulumba, nomtwebuli oqondileyo. **4** Ngi
ya kwenza abantwana ba be izikulu
zabo, izingane zi ba buse. **5** Abantu ba ya kubandezelwa, ilowo
ngomunye, ilowo ngumakelwane wake: umntwana u ya kubensa pambi
kwelunga, no imbuqa pambi kwo
nodumo. **6** Lapo umuntu e ya kubamba umfo wabo endhlini ka yise,
a ti, Wena u nezingubo, a si patwe
nguwe, umxegexege lo u be ngapansi
kwesandhla sako; **7** nga lolo suku u
ya kudazuluka a ti, A ngi yi kuba
umelapi; ngoba endhlini yami a
kuko sinkwa na zingubo: a ni yi
kungibeka ngi be umpati wabantu.
8 Ngokuba iJerusalem li umxegexege, uJuda u wile; ngoba izilimi zabo
nezenzo zabo zi melene noJehova,
ukucunula amehlo obukosi bake. **9**
Ukubonakala kwobuso babo ku ya
fakaza ngabo; ba ya veza isono sabo
njengeSodom, a ba si fihli. Maye
ngompefumulo wabo! ngokuba ba
zipate kabi. **10** Yishoni ngolungileyo ukuti, ku ya kuba kuhle kuye;
ngoba ba ya kudhla izitelo zezenzo
zabo. **11** Maye ngeshinga! ku ya kuba kubi kulo; ngoba ku ya kwenziwa
kulo okwempato yezandhla zalo.
12 Abantu bami, izingane zi ya ba
bandezela, ba buswa isifazana. Au,
bantu bami, bona abaniholayo ba ya
n'edukisa, ba gqiba indhlela yohambo lwenu.

13 UJehova u ya sukuma ukupikisana, u y'ema ukuteta icala lezizwe.
14 UJehova u ya kungena ekwahluleleni namalunga abantu bake, nezikulu zabo: Yinina eni qede isivini;
okuqwagiweyo kwabampofu ku sezindhlini zenu: **15** ni sho ukutini ukuba ni coboze abantu bami? ni gaye
ubuso babampofu na? i sho iNkosi,
uJehova wamabandhla.

16 Futi uJehova wa ti, Ngokuba
amadodakazi a seZiyon a ya zikukumeza, a hamba elule izintamo e
qikiza izintshiyi, a hamba e condoza,
e kenceza ngezinyawo; **17** ngako
iNkosi i ya kushaya ngokoko ukakayi lwamadodakazi a seZiyon, uJehova u ya kunqunisa ubuze bawo.
18 Nga lolo suku iNkosi i ya kususa
izivunulo zezigqizo zawo, neminqwazi,
nezimbedu; **19** namagenqeza, namasinda, nezilwembu; **20** nezigqoko,
namaketanga emilenze, namaxama,
nemifuma, neziqu; **21** nezindandato,
namacici ekala; **22** nezingubo zemikosi, neza ngapezulu, namatshali
nezikwama; **23** nezibuko, nelineni
elicolekileyo, nemishuqulo, nezimvakazi. **24** Ko ti endaweni yamaka ku
be kona ukubucuka; endaweni yesibamba ku be igoda; endaweni yezinwele
ezisokohliweyo ku be ukugega; endaweni yesidiya ku be ibande lendwangu yamasaka; endaweni yobuhle
ku be ishanda. **25** Amadoda ako a
ya kuwa ngenkemba, neziqwaga zako
empini. **26** Amasango alo a ya kububula a lile; li ya kuba amagemfu
4 li hlale pansi. **1** Nga lolo suku
abesifazana aba isikombisa ba
ya kubamba indoda inye, ba ti, Si
ya kudhla okwetu ukudhla, s'ambate
ezetu izingubo: kodwa ma si bizwe
ngelako igama; u suse isihlamba setu
kiti.

2 Nga lolo suku ihlumela li ka
Jehova li ya kucwazimula li be nodumo, izitelo zomhlaba zi be ubudhlondhlobala nesivunulo kubo abasindileyo ba kwa Israeli. **3** Ko ti yena
oshiyiweyo eZiyon, naye oseleyo eJerusalem, a tiwe u ngcwele, bona bonke
abalotshiweyo kwabapilayo eJerusalem; **4** lapo iNkosi i si gezile insila
yamadodakazi a seZiyon, na lapo i si
hlanzile igazi la seJerusalem ngapakati kwalo, ngomoya wokwahlulela
na ngomoya wokushisa. **5** UJehova
u ya kudala pezu kwekaya lonke

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

lentaba iZiyon, na pezu kwezimbizo zalo, ifu nomusi emini, nokukanya kwomlilo olanguzayo ebusuku; ngokuba nga pezu kwobucwazicwazi bonke ku ya kuba kona isicobelo. 6 Ku ya kuba kona idokodo li be umtunzi ekubaleleni kwemini, nesipepelo, nendawo yokukosela esivunguvungwini na semvuleni.

5 A ke ngi si hlabelelele isitandwa sami ingoma yesitandwa sami ngesivini saso. Isitandwa sami sa si nesivini egqumeni elivundileyo kakulu: 2 sa si lima, sa kipa amatshe kuso, sa si tshala ngomvini oketekileyo, s'aka umboshongo pakati kwaso, sa qopa isikamo sevini kuso: sa bheka ukuba si tele amavini, kanti sa tela izinwazi.

3 Manjeke, nina abakileyo eJerusalem namadoda a kwa Juda, a ke n'ahlulele pakati kwami nesivini sami. 4 Be ku ng'enziwa ntoni futi esivinini sami engi nga kwenzanga kuso? ku ngani po, ukuba lapa se ngi bheke ukuba si tele amavini, sa tela izinwazi na? 5 Kalokuke se ngi za kunitshela engi za kukwenza kuso isivini sami: ngi ya kususa utango lwaso, si dhliwe; ngo diliza udonga lwaso, si cibizwe: 6 ngi ya kus'enza si be incitakalo; a si yi kutenwa, a si yi kuhlakulwa; ku ya kumila umunga nomtolo: ngi ya kuyala amafu futi ukuba a nga nisi imvula pezu kwaso. 7 Ngoba isivini si ka Jehova wamabandhla si indhlu ka Israeli, abantu ba kwa Juda ba ngumuti wokwetaba kwake: wa bheka ukwahlulela, naku ukubandezela; wa bheka ukulunga, naku ukukala.

8 Maye bona aba hlanganisa indhlu nendhlu, be sondeza insimu nensimu, i ze i pele indawo, ukuze n'ake nodwa pakati kwezwe! 9 Ezindhlebeni zami, uJehova wamabandhla u ti, Impela izindhlu eziningi zi ya kuba incitakalo, ezinkulu nezinhle zi nga bi na muntu. 10 Ngoba amaeka a ishumi esivini a ya kutela ibati li be linye, ihoma lembeu li ya kutela iefa kupela. 11 Maye bona aba vuka ekuseni, ukuba ba landele upuzo olu namandhla; aba libala ku ze ku be sebusuku ba ze ba fudumale iwayini! 12 Ku kona inkoka, nogubu, nesigubu, nevenge, newayini, emadilini abo; kodwa ka ba wu naki umsebenzi ka Jehova, ka ba ku buki okwenziwa izandhla zake.

13 Ngakoke abantu bami ba tunjiwe ngokungazi; abadumileyo babo ba gcansile indhlala, nesixuku sabo si gangatekile ngokwoma. 14 Ngako iSheoli l'anulile imfiso yalo, li wu kamisile umlomo walo ngoku nge na mmiselo; ubukosi babo, nesixuku sabo, nokuholoba kwabo, na lowo kubo owetabayo, b'ehlela kulo. 15 Umntukazana u ya foliswa, nomnumzana u ya totshiswa, namehlo abazikukumezayo a ya totshiswa: 16 kodwa uJehova wamabandhla u pakanyisiwe ekwahluleleni, uNkulunkulu oNgcwele u ngcwelisiwe ekulungeni. 17 Konake izimvana zi ya kuhxaba njenga semadhlelweni azo, amazwekufa ezikulupeleyo a dhliwe izihambi.

18 Maye bona aba donsa ububi ngezintambo zamanga, nokwona kungatiti ngegoda lengqukumbane; 19 aba ti, Ma ka sheshe, a pangise umsebenzi wake, ukuba si wu bone; icebo loNgcwele ka Israeli li sondele li fike ukuba si l'azi! 20 Maye bona aba biza ububi ngokuti okuhle, nokuhle ngokuti ububi; aba beka ubumnyama bu be ukukanya, nokukanya ku be ubumnyama; aba beka okubabayo ku be okumnandi, nokumnandi ku be okubabayo! 21 Maye bona abahlakanipileyo emehlweni abo, nabaqondileyo ngokubona kwabo! 22 Maye bona aba iziqwaga zokupuza iwayini, namadoda a nobuqawe bokuxubanisa upuzo olu namandhla; 23 aba teta ishinga ngenxa yomvuzo, ba suse ukulunga kwabalungileyo kubo!

24 Ngakoke njengokuba ukotikoti lomlilo lu dhla izibi, na njengokuba isikota si ti yete elangabini, ku njalo impande yabo i ya kuba isibucu, imbali yabo i tuquke njengamagci-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

wane; ngokuba ba nqabile umteto ka Jehova wamabandhla, ba delela izwi loNgcwele ka Israeli. 25 Ngakoke ulaka lu ka Jehova lu ya vuta ngabantu bake, u s'elulile isandhla sake nga kubo, wa ba shaya; izintaba zi ya gedezela, izidumbu zabo zi ingcucu pakati kwezitaladi. Ngako konke loku ulaka a lu buyi, isandhla sake si s'oluliwe njalo.

26 U ya kupakamisela izizwe ezi kude iduku, u ya kuzihlabela ikwelo emikaulweni yomhlaba; bheka, zi ya kufika masinyane ngejubane. 27 A kako o ya kuyeta a kubeke ku zona; a kako o ya kozela a lale; imbonya yezinkalo zabo a i yi kutukuluka, intambo yezicatulo zabo a i yi kugqabuka: 28 aba micibisholo yabo i bukali, neminsalo yonke yabo i gobile; izinselo zamahashi abo zi ya kutiwa zi insengetshe, amasondo abo a tiwe isivunguvungu: 29 ukubhonga kwabo ku ya kuba njengokwebubesikazi, ba ya kubhonga njengamabhongo ezingonyama; yebo, ba ya kugwavuma, ba yi bambe inyamazane, ba muke nayo, ku nga biko oyopulayo. 30 Nga lolo suku ba ya kubagwavumela njengokuduma kwolwandhle: uma umuntu e buka izwe, bheka, ubumnyama nokukatazeka; ukukanya se ku mnyama emafwini alo.

6 Ngomnyaka wokufa kwenkosi uUziya, nga bona iNkosi i hlezi esihlalweni sobukosi, si pezulu si pakeme; injobo yayo ya gcwalisa itempeli. 2 Ngapezu kwayo kwa ku mi amaserafi: ilelo la li namapiko a isitupa; ngamabili la mboza ubuso balo, ngamabili la mboza izinyawo zalo, ngamabili la ndiza. 3 Elinye la memeza kwelinye la ti, U ngcwele, u ngcwele, u ngcwele, uJehova wamabandhla: wonke umhlaba u gcwele ubukosi bake. 4 Izisekelo zeminyango za tengezela ngezwi lake omemezayo, indhlu ya gcwala umusi. 5 Nga se ngi ti, Maye mina! ngokuba ngi file; ngokuba ngi ngumuntu o mlomo u ngcolile, ngi hlezi pakati kwabantu aba milomo i ngcolile: ngoba amehlo ami a yi bonile iNkosi, uJehova wamabandhla.

6 La se li ndizela kimi elinye iserafi, li pete ilahle elivutayo esandhleni salo, ela li li tate ngodhlawu elatini: 7 la tinta ngalo umlomo wami, la ti, Bheka, loku ku tintile izindebe zomlomo wako; icala lako li susiwe, ukwona kwako ku tetelelwe. 8 Ng'ezwa izwi leNkosi, li ti, Ngi ya kutuma ubani na? ubani o ya kusiyela na? Nga se ngi ti, Ngi kona; tuma mina. 9 Ya ti, Hamba, u tshele laba bantu ukuti, Yizwani ukuzwa, ni nga qondi; bonani ukubona, ni ng'azi. 10 Kulupalisa inhliziyo ya laba bantu, wenze nzima izindhlebe zabo, u wa ti name amehlo abo; funa ba bone ngamehlo b'ezwe ngezindhlebe, ba qonde ngenhliziyo, ba buye, ba piliswe. 11 Nga se ngi ti, Nkosi, ko ze ku be nini na? Ya pendula ya ti, Ko ze ku citeke imizi ku ng'aki muntu kuyo, izindhlu zi nga be zi sa ba na muntu, izwe li citwe nya, 12 a ze uJehova a ba dedisele kude abantu, amanxiwa a be maningi pakati kwezwe. 13 Noma ku se kona okweshumi pakati kwalo, nako ku ya kubuya ku dhliwe: njengomterebinte nomoki, o siqu sawo si hlalayo, lapo se u wisiwe; ku njaloke inzalo engcwele yisiqu salo.

7 Kwa ti ngezinsuku zi ka Ahazi ka Jotam, ka Uziya inkosi ya kwa Juda, uRezin inkosi ya seSiriya, noPeka ka Remaliya, inkosi ya kwa Israeli, ba kupukela · eJerusalem ukulihlasela, kodwa b'ahluleka ukulinqoba. 2 Kwa tshelwa indhlu ka Davida, ukuti, iSiriya li hlangene noEfrayim. Inhliziyo yake ya tutumela, nenhliziyo yabantu bake, njengemiti yehlati i tutumeliswa umoya.

3 Wa e se ti uJehova ku Isaya, A ke u pume u hlangabeze uAhazi, wena noSheare-jashúbe indodana yako, ekugcineni kwomsele wecibi eli senhla emgwaqweni wensimu yomhlanzi wezingubo; 4 u ti ku yena, Qapela u zole; u ng'esabi, inhliziyo yako i nga

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

dangali ngenxa ya le misila emibili yezikuni ezitunqayo, ngolaka oluvutayo lu ka Rezin neSiriya, nolwendodana ka Remaliya. 5 Ngokuba iSiriya, noEfrayim, nendodana ka Remaliya, ba ceba okubi ngawe, be ti, 6 Ma s'enyukele kwela kwa Juda, si li fake ingebhe, si zifohlele lona, si mise inkosi ngapakati kwalo, indodana ka Tabele; 7 i sho iNkosi uJehova, i ti, A ku yi kuma, a ku yi kwenzeka futi. 8 Ngokuba inhloko yeSiriya yiDamaseku, inhloko yeDamaseku nguRezin; ku nga ka peli iminyaka e ngamashumi a isitupa nesihlanu uEfrayim u ya kuvitizwa ukuba a nga bi isizwe: 9 inhloko ka Efrayim yiSamariya, inhloko yeSamariya yindodana ka Remaliya. Uma ni nga kolwa, impela a ni yi kuqiniswa.

10 UJehova wa buya wa kuluma ku Ahazi, e ti, 11 Cela isibonakaliso ku Jehova uNkulunkulu wako; si cele ekujuleni, noma ku sekupakameni pezulu. 12 Kodwa uAhazi wa ti, A ngi yi kucela, a ngi yi kumlinga uJehova. 13 Wa ti, Yizwanike, Ndhlu ka Davida: Ku into encane kini ukudina abantu, ukuba ni ze ni dine noNkulunkulu wami na? 14 Ngakoke iNkosi uqobo i ya kuninika isibonakaliso: bhekani, intombi i ya kukulelwa, i zale indodana, i qambe igama layo ngokuti uImanuweli. 15 U ya kudhla amasi nezinyosi, e se kwazi ukunqaba okubi, a kete okuhle. 16 Ngokuba umntwana e nga ka kwazi ukunqaba okubi, a kete okuhle, izwe eli makosi mabili o nengwa iwo li ya kushiywa. 17 UJehova u ya kuleta pezu kwako, na pezu kwabantu bako, na pezu kwendhlu ka yihlo, izinsuku ezi nga zange zi fike ku suka osukwini uEfrayim a muka ngalo kwa Juda—ngi sho inkosi ya seAsiriya.

18 Ko ti nga lolo suku, uJehova a yi hlabele ikwelo impukane e semikaulweni yemifula ya sEgipite, nenyosi e sezweni la seAsiriya. 19 Zi ya kufika, zi hlale zonke ezihlanjeni ezicitekileyo, na semifantwini yamawa, na pezu kwemikamba yonke, na pezu kwamadhlelo onke.

20 Nga lolo suku iNkosi i ya kupucula ngensingo eqashiweyo kweli pesheya kwoMfula, oku ukuti ngenkosi ya seAsiriya, ikanda noboya bezinyawo; i ya kuqeda nesilevu.

21 Ko ti nga lolo suku umuntu a sindise isitole, nezimvu ezimbili; 22 ko ti, ngokwehlisa kwazo kakulu a dhle amasi: ngoba bonke abaseleyo pakati kwezwe ba ya kudhla amasi nezinyosi.

23 Ko ti nga lolo suku, zonke izindawo lapo be ku kona imivini e inkulungwane e lingene nezinhlamvu ezi inkulungwane zesiliva, zi be ezeminga nemitolo. 24 Ko yiwa kona nemicibisholo nomnsalo, ngokuba izwe lonke li ya kuba iminga nemitolo. 25 Emagqumeni onke a be linywa ngegeja a u yikufika kuwo ngenxa yokwesaba iminga nemitolo; kodwa a ya kuba indawo yokukapela izinkomo, i gxotshwagxotshwe izimvu.

8 Wa ti kimi uJehova, Zitatele isibhebhe esikulu, u lobe ku sona ngepeni lomuntu ngokuti uMahere-shalali-hashe-bazi; 2 ngo zifakazelisela ofakazi abatembekayo, uUriya umpristi, noZekariya ka Jeberikiya. 3 Nga ya ku mprofetikazi; wa kulelwa, wa zala indodana. Wa e se ti uJehova kimina, Qamba igama lake ngokuti uMahere-shalali-hashe-bazi. 4 Ngokuba umntwana e nga ka kwazi ukuti Baba, Mame, imfuyo ya seDamaseku nempango ya seSamariya yo tutwa ngapambi kwenkosi ya seAsiriya.

5 UJehova wa buya wa kuluma kimi futi, e ti, 6 Ngokuba laba bantu ba nqabile amanzi eShilowa a hamba kancane, ba jabula ngoRezin nendodana ka Remaliya; 7 ngakoke, bheka, iNkosi i ya leta pezu kwabo amanzi omFula, a namandhla namaningi, inkosi ya seAsiriya nodumo lonke lwayo: u ya kwenyuka u palale emiseleni yonke yawo, weqe nezindonga zonke zawo; 8 u ya kululuzela u

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ma kwesatshwe uJehova ku yekwe ukubhula. Inkosi yokutula.

bhekise kwa Juda; u kukule, u dhlule; u ya ku finyelela na sentanyeni; ukweluleka kwamapiko awo ku ya kugcwalisa ububanzi belizwe lako, Imanuweli.

9 Bovumulani, nina bezizwe, ni vitizwe; ni bek'indhlebe, nina bamazwe onke a kude: zibinciseni, ni vitizwe; zibinciseni, ni vitizwe. 10 Cebisanani amacebo, a ya kushafa: kulumani izwi, a li yi kuma: ngoba uNkulunkulu u nati. 11 Ngoba uJehova u kulume kanje kimina ngesandhla esi namandhla, wa ngi laya ukuba ngi nga hambi ngendhlela ya laba bantu, e ti, 12 Musani ukuti, Uzungu ngako konke aba sho ngako laba bantu ukuti, Uzungu; ni ng'esabi okwesatshwa ibo, ni nga bi na luvalo ngako. 13 UJehova wamabandhla, m ngcweliseni yena; ma ku be uyena enimesabayo ma ku be uyena eni ba novalo ngaye. 14 Yena u ya kuba indhlu engcwele, kepa a be itshe lokuquzula, idwala lokukubekisa kuzo zombili izindhlu za kwa Israeli, a be ugibe nesihibe kwabakileyo eJerusalem. 15 Abaningi ba ya kukubeka ngalo, ba we, b'apuke, ba tiywe, ba bajwe.

16 Bopa isifakazo, u namatelise umteto ngopau pakati kwabafundi bami. 17 Ngi ya kumhlalela uJehova, o siteza ubuso bake kuyo indhlu ka Jakobe, ngi m bheke. 18 Bheka, mina nabantwana uJehova a ngi nike bona si izibonakaliso nezimangaliso kwa Israeli ezi vela ku Jehova wamabandhla, o hlala entabeni iZiyon.

19 La se be ti kinina, Yiyani ku bona aba nemilozikazana na sezangomeni, ezi shaya imilozi zi vungame: a ku fanele ukuba isizwe si ye ku Nkulunkulu waso yini? ku fanele ukuba ba ye kwabafileyo ngenxa yabapilileyo na? 20 Yiyani emtetweni na sesifakazweni! uma be nga kulumi njenga leli zwi, impela a liko ingomuso kubo. 21 Ba ya kudabula pakati kwalo, be xakekile be lambile; ko ti, lapo se be lambile, ba tukutele, ba tuke inkosi yabo noNkulunkulu wabo, ba bheke pezulu: 22 ba ya kubheka emhlabeni, naku, ukukatazeka nobumnyama, be fipazwe ukuxineka; ba ya kududulelwa ebumnyameni obu isigayegaye.

9 Kepa a ku yi kubako ukufipala kuye owa e sekuxinekeni. Ngesikati samandulo w'enza ukuba ku keswe izwe la kwa Zebulun, nezwe la kwa Nafetali; kepa ngesikati sokugcina u li dumisile, ngendhlela ya selwandhle, ngapesheya kweJordan, iGalile lezizwe. 2 Abantu aba be hamba ebumnyameni ba bone ukukanya okukulu: labo aba be hlezi ezweni letunzi lokufa, ukukanya ku ba velele. 3 Wandisile isizwe, u kulisile intokozo yaso: ba tokoza pambi kwako njengentokozo ya sekuvuneni, njengokwetaba kwabantu ekwabeni kwabo impango. 4 Ngokuba u li fohlozile ijokwe lomtwalo wake, nenduku yehlombe lake, nentonga yombandezeli wake, njenga sosukwini lu ka Midiyan. 5 Ngoba izikali zonke zohlomileyo esiyaluyalwini sokulwa, nezingubo ezi bhukuzeke egazini, zo ba ezokushiswa, zi be ezokudhliwa umlilo. 6 Ngokuba si zalelwe umntwana, si nikiwe indodana; ukubusa ku ya kuba semahlombe ake: igama lake li ya kutiwa, uMangaliso, uMluleki, uNkulunkulu o isiqwaga, uBaba o mi kade, uSikulu-sokutula. 7 Ukwanda kwokubusa kwake nokutula a ku yi kuba na mkaulo esihlalweni sobukosi si ka Davida, na sembusweni wake, ukuze a wu qinise, a wu pase ngokwahlulela nokulunga ku suka manje ku ze ku be nini. Ukushiseka ku ka Jehova wamabandhla ko feza loku.

8 INkosi ya tumela izwi ku Jakobe, la wela pezu ku ka Israeli. 9 Abantu bonke ba ya kwazi, uEfrayim nowakileyo eSamariya, aba ti ngokuzidhla na ngokuzikulisa kwenhliziyo, 10 Izitini zi wile, kepa si ya kwaka ngamatshe abaziweyo; imitombe i gauliwe, kepa si ya kufaka imisedare endaweni yayo. 11 Ngakoke uJehova u ya kumpakamisela abayimpi ku Rezin, a vuse nezita

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ulaka lu ka Jehova ngoIsraeli. **IAsiriya lo ba intonga yake.**

zake, 12 amaSiriya ngapambili, namaFilisti ngasemva; ba ya kumudhla uIsráeli ngomlomo okamisiweyo. Pezu kwako konke loku ulaka lwake a lu buyi, kepa isandhla sake si s'oluliwe njalo.

13 Noko abantu a ba buyelanga kuye obashayileyo, a ba m funanga uJehova wamabandhla. 14 Ngakoke uJehova u ya kunquma kwa Israeli inhloko nomsila, ihlamvu lesundu nencema, nga lusuku lunye. 15 Ilunga notusekayo, yena u inhloko; umprofeti o fundisa amanga, yena u ngumsila. 16 Ngoba aba kapa laba bantu ba ya b'edukisa; naba holwa yibo ba ya gwinywa. 17 Ngakoke iNkosi a i yi kutokoza ngezinsizwa zabo, a i yi kuba nesihe ezinkedameni zabo na ku bafelokazi babo; ngokuba bonke ba xwalile, ba ngab'enza okubi, imilomo yonke i kuluma ubuwula. Pezu kwako konke loku ulaka lwake a lu buyi, isandhla sake si s'oluliwe njalo.

18 Ngokuba ubushinga bu ya vuta njengomlilo; bu ya dhla iminga nemitolo; yebo, bu tungeleka emahlozini ehlati, a fuquka umqongo womusi. 19 Ngentukutelo ka Jehova wamabandhla izwe li shile; abantu ba njengezinkuni zomlilo: a muko na munye o haukela umfo wabo. 20 Umuntu u ya kuhlwita nga kwesokunene, a lambe; a dhle nga kwesokohlo, ba nga suti: ba ya kudhla ilowo inyama yomkono wake: 21 uManase u ya kudhla uEfrayim; uEfrayim a dhle uManase; bona ba ya kumelana noJuda kanyekanye. Pezu kwako konke loku ulaka lwake a lu buyi, isandhla sake si s'oluliwe njalo.

10 Maye labo aba misa izimiso zobubi, nababhali aba bhala ukuhxina; 2 ukupambukisa izimpabanga ekutetweni kwamacala, nokuqwaga abampofu babantu bami ilungelo labo, ukuze abafelokazi ba be impango yabo, ba dhle izinkedama! 3 Ni ya kwenze njani ngosuku lokuhanjelwa, na sekucitakaleni oku ya kuvela kude na? ni ya kubalekela ku bani ukuba a ni size na? no lu shiyapi udumo lwenu na? 4 Kupela ba ya kuguqa pansi kweziboshwa, ba we ngapansi kwababulawayo. Pezu kwako konke loku ulaka lwake a lu buyi, isandhla sake si s'oluliwe njalo.

5 Yehe! wena wa seAsiriya, ntonga yolaka lwami, onduku e sesandhleni sako i ukubhaha kwami! 6 Ngi ya kumtumela ukulwa nezizwe ezixwalileyo, na ku bantu bentukutelo yami ngi ya kumyala ukuba a pange impango, a tate impahla edhliweyo, a b'enze into yokunyatelwa njengodaka lwezitaladi. 7 Kepa a ka hlose okunjalo, inhliziyo yake a i cebi okunjalo; ku senhliziyweni yake ukushabalalisa, nokunquma izizwe zi nga bi ingcozana. 8 Ngoba u ti, Angiti izikulu zami zonke zi amakosi na? 9 IKalno a li njenge-Karkemishe na? iHamati a li njenge-Arpadi na? iSamariya a li njenge-Damaseku na? 10 Njengokuba isandhla sami si fumene imibuso yezitombe, ezi mifanekiso yazo ebaziweyo ya y'ahlula eya seJerusalem neya seSamariya; 11 njengaloku ngi kwenzile kulo iSamariya nezitombe zalo ngi ng'enze yini kulo iJerusalem nezitombe zalo na?

12 Ngako ku ya kuti, lapo iNkosi i si fezile wonke umsebenzi wayo entabeni iZiyon na seJerusalem, ngi jezise isitelo senhliziyo ezikulisayo yenkosi ya seAsiriya nokuzincoma kwayo ekucililekeni kwayo. 13 Ngoba i te, Ngamandhla esandhla sami ngi kwenzile loku, na ngokuhlakanipa kwami; ngoba ngi nengqondo: ngi susile imikaulo yezizwe, ngi pangile ingcebo yazo, ng'ehlisile njeng'o namandhla aba hlezi ezihlalweni zobukosi: 14 isandhla sami si fumene imfuyo yabantu njengesidhleke; njeng'o buta amaqanda ashiyiweyo, ngi bute wonke umhlaba: a kwa bako o shaya ipiko, no kamisa umlomo notsekezayo.

15 Konje, izembe li ya kuzincoma ngaye o baza ngalo na? isaha li ya kuzikulisa ngaye oliqubayo na? nje-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ko sinda insali, ku pele ijokwe la seAsiriya. Igatsha li ka Jese.

ngokungati induku i nikina abayipakamisayo, noma udondolo lu m pakamisa o nge siwo umuti. **16** Ngakoke iNkosi, uJehova wamabandhla, wo tuma ukwonda pakati kwabakulupeleyo bake; ngapansi kwodumo lwake u ya kupemba ukushisa njengokushisa kwomlilo. **17** Ukukanya ku ka Israeli ko ba umlilo, oNgcwele wake a be ilangabi; ku ya kusha ku dhle imitolo yake neminga yake ngosuku lunye. **18** U ya kuqeda udumo lwehlati lake nolwensimu yake ecumayo, umpefumulo nomzimba: ku ya kuba njengokupel'amandhla kwopakamisa iduku lempi. **19** Insali yemiti yehlati lake i ya kuba ingcozana, ukuze i bhalwe umntwana.

20 Ku ya kuti nga lolo suku, insali kwa Israeli nabasindileyo bendhlu ka Jakobe, ba nga be be sa ncika kuye obashayileyo; ba ya kwencika ku Jehova, oNgcwele ka Israeli ngeqiniso. **21** Insali i ya kubuya, insali ka Jakobe, i buyele ku Nkulunkulu o isiqwaga. **22** Ngoba noma abantu bako, Israeli, be ngangesihlabati solwandhle, insali yabo kupela e ya kubuya: se ku misiwe ukuqedwa kwabo okukukulayo ngokulunga. **23** Ngoba iNkosi uJehova wamabandhla i ya kuqeda nya njengekunqumileyo pakati kwomhlaba wonke.

24 Ngako i ti iNkosi uJehova wamabandhla, Au, bantu bami ab'ake eZiyon, ni nga m esabi umAsiriya, noma e ku shaya ngentonga, a ku pakamisele udondolo lwake ngohlobo lwa sEgipite. **25** Ngoba ku se isikashana esincane ukubhaha ngawe ku ya kupela, ulaka lwami lu pendulelwe ukuba lu m bubise. **26** UJehova wamabandhla wo m vusela isiswebu njengokubulawa kwamaMidiyan etsheni li ka Orebe: intonga yake yo ba pezu kwolwandhle, a yi pakamise ngohlobo lwa sEgipite. **27** Ku ya kuti nga lolo suku, umtwalo wake u suke ehlombe lako, nejokwe lake entanyeni yako; ijokwe li ya kwapulwa ngenxa yokukulupala.

28 U fikile eAyati, u dabulile eMigron; u bekile impahla yake eMikemashi. **29** ba dhlulile esikaleni; ba ngenisile eGeba; iRama li ya tutumela; iGibeha li ka Saule li balekile. **30** Zamuluka ngezwi lako, ndodakazi ya seGalim! lalela, Layisha! wena Anatoti ohlupekayo! **31** IMademena li umbaleki, ab'ake eGebim ba putuma ukupepa. **32** Namhlanje u ya kumisa eNobe: u nikinela isandhla sake intaba yendodakazi ya seZiyon, igquma la seJerusalem.

33 Bheka, iNkosi, uJehova wamabandhla, u ya kuwagenca amagatsha ngovalo: abapakemeyo ngobude ba ya kugaulwa, abazikukumezayo ba totshiswe. **34** U ya kucaba amahlozi ehlati ngensimbi, iLebanon li ya kuwiswa o namandhla.

11 Ku ya kuvela ihlumela esiqwini si ka Jese, igatsha eli puma ezimpandeni zake li tele. **2** UMoya ka Jehova u ya kuhlala pezu kwake, umoya wokuhlakanipa nowokuqonda, umoya wamasu nobuqwaga, umoya wokwazi nowokwesaba uJehova. **3** Ku ya kuba ulwasi kuye ukwesaba uJehova; a ka yi kwahlulela ngokubona kwamehlo ake, a ka yi kunquma ngokuzwa kwezindhlebe zake; **4** abampofu u ya kubahlulela ngokulunga, a nqumele ngokute ntse abatobileyo bomhlaba; a shaye umhlaba ngentonga yomlomo wake, ngokupefumula kwezindebe zomlomo wake a bulale amashinga. **5** Ukulunga ko ba imbonya yamanyonga ake, ukutembeka ku be imbonya yokalo lwake.

6 Impisi i ya kuhlala nemvana, ingwe i butise kanye necwane: inkonyana nebhongo lengonyama netole elikulupalisiweyo ku butise ndawonye; umntwana omncane a zi qube. **7** Ku hxabe inkomazi nebere; amazinyane azo a butise ndawonye; ingonyama i dhle utshani njengenkomo. **8** Umntwana oncelayo u ya kudhlala emgodini wepimpi, nolunyuliweyo a yise isandhla emgodini ka mantshingeyana. **9** A ku yi kubako ukulimaza nokububisa kuyo

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ko qoqwa abaxoshiweyo. Ihubo lokubonga. Ukuwa kweBabulon.

yonke intaba yami engcwele; ngoba umhlaba u ya kugcwala ukumazi uJehova njengamanzi a sibekela ulwandhle.

10 Ko ti nga lolo suku impande ka Jese i me i be iduku lobukosi labantu, zi yi fune izizwe; indawo yake yokupumula i be nobucwazicwazi.

11 Ko ti nga lolo suku, iNkosi i pinde yelule isandhla sayo ngokwesibili ukuhlenga insali yabantu bayo abaseleyo, eAsiriya na sEgipite, na sePatrosi, na seKushi, na seElam, na seShinari, na seHamati, na seziqingini zolwandhle. 12 U ya kupakamisela izizwe iduku, a qoqe abaxoshiweyo ba kwa Israeli, a butele ndawonye abahlakazekileyo ba kwa Juda emagumbini omane omhlaba. 13 Umona ka Efrayim u ya kusuka, naba kataza uJuda ba nqunywe: uEfrayim a ka yi kumfela umona uJuda, uJuda a ka yi kumkataza uEfrayim. 14 Kepa ba ya kundizela emahlombe amaFilisti nga sentshonalanga; ba hlangane ba pange aba sempumalanga: ba ya kuyisa isandhla sabo pezu ku ka Edom noMoabe; aba kwa Amon ba ya kubalalela. 15 UJehova u ya kushaya a bhuqe imbaxa yolwandhle lwa sEgipite; ngomoya wake ohamulayo a nikine isandhla sake pezu kwoMfula, a wu shaye u be imilanjana e isikombisa, enze ukuba abantu ba wele be fake izicatulo. 16 Ko ba kona umgwaqo wensali yabantu bake abaseleyo wokuba ba pume eAsiriya; njengaloku kwa ba njalo ku Israeli ngosuku lokwenyuka kwake e puma ezweni la sEgipite.

12 Nga lolo suku u ya kuti, Jehova, ngi ya kukubonga wena; ngoba noma wa u ngi tukutelele, ulaka lwako lu buyile, u ya ngi duduza. 2 Bheka, uNkulunkulu u ng'ongisindisayo; ngi ya kwetemba, ngi nga bi na luvalo: ngoba uJehova, yebo uJehova, u ngamandhla ami nehubo lami; u se ongisindisayo. 3 Ngako ni ya kuka amanzi emitonjeni yosindiso ni jabula. 4 Nga lolo suku ni ya kuti, Bongani uJehova, tetani igama lake, shumayelani izenzo zake ezizweni, ni pate igama lake ukuba li pakeme. 5 M hubeleni uJehova; ngoba wenzile okobungqongqoshe: ma kwaziwe loku emhlabeni wonke. 6 Ntontoloza wenanele wena owakileyo eZiyon; ngokuba mkulu ngapakati kwako oNgcwele ka Israeli.

13 Udaba ngeBabulon, olwa bonwa uIsaya ka Amozi.

2 Misani iduku entabeni e iceke, ba pakamiseleni izwi, qwebani ngesandhla, ukuze ba ngene emasangweni amakosana. 3 Ngi ba yalile abangcwelisiweyo bami, yebo, ngi bizile iziqwaga zami ngenxa yolaka lwami, bona abami abetaba ngokuzidhla. 4 Umsindo wesixuku ezintabeni, ungati owabantu abaningi! umsindo wokuholoba kwemibuso yezizwe zi butene! uJehova wamabandhla u ya buta ibandhla lokulwa. 5 Ba vela ezweni eli kude, emapetelweni ezulu, uJehova, nezikali zokubhaha kwake, ukububisa izwe lonke.

6 Hxiwulani; ngokuba usuku lu ka Jehova lu sondele; lu ya kufika njengokuqotulayo ku vela ku Somandhla. 7 Ngako zonke izandhla zi ya kuba butakataka, izinhliziyo zonke zabantu zi nyibe: 8 ba ya papateka; ba banjwe inimba nemisiko, ba zibinye njengowesifazana obeletayo: ba ya kubukana be mangala; ubuso babo bu be ubuso bamalangabi. 9 Bheka, usuku lu ka Jehova lu y'eza, lu nonya, lu nentukutelo nolaka oluvutayo; lu zo kwenza izwe li be incitakalo, lu shabalalise izoni zalo ku lona. 10 Ngokuba izinkanyezi zezulu na ondwenjana bazo a zi yi kukanya; ilanga li ya kuba mnyama ekupumeni kwalo, inyanga i nga bi sa kanya. 11 Ngi ya kujezisa izwe ngenxa yobubi balo, namashinga ngenxa yamacala awo: ngi kwenze ku pele ukuzidhla kwabaziqenyayo, ngi tobise ukuzikukumeza kwaba shayisa uvalo. 12 Ngo y'enza indoda ukuba i be ivelakanci kunegolide elihle, yebo umuntu kunegolide elicwengekileyo

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukuvuswa kwabaIsraeli. Ihubo lokuqalaba ngeBabulon.

la seOfiri. 13 Ngakoke ngi ya kugedezelisa izulu, nomhlaba u zanyazanyiswe u suke endaweni yawo, entukutelweni ka Jehova wamabandhla, ngosuku lolaka lwake oluvutayo. 14 Ku ya kuti njengensepe exoshwayo, na njengezimvu ezi nga qoqwa muntu, ilowo a pendukele ku bantu ba kubo, ba balekele ilowo ezweni la kubo. 15 Otolwayo u ya kubokodwa; obanjwayo a wiswe ngenkemba. 16 Izingane zabo futi zi ya kuswacazwa pansi pambi kwamehlo abo; izindhlu zabo zi pangwe, abafazi babo ba poqwe.

17 Bheka, ngi ya kubavusela amaMede a nga yi kunaka isiliva, negolide a nga lenameli. 18 Iminsalo yawo i ya kuziswacaza pansi izinsizwa, a ka yi kuba nasihe ngenzalo yesisu; iso lawo a li yi kuhaukela abantwana. 19 IBabulon, ukucwazimula kwemibuso, isivunulo sokuzidhla kwamaKaledi, li ya kuba njengokucita ku ka Nkulunkulu iSodom neGomora. 20 A li soze l'akiwa, a ku yi kuhlalwa kulo ezizukulwaneni ngezizukulwane; umArabiya a ka yi kumisa itente kona; abalusi a ba yi kuzenza zi butise izimvu zabo kona. 21 Izilwane zogwadule zi ya kubutisa kona; izindhlu zabo zi gcwale isikova; ku ya kuhlala izintshe kona, izimbuzi za sendhle zi ngqabashiye kona. 22 Izincuke zi ya kukala ezinqabeni zabo, amakanka ezindhlini zabo zobukosi zokutamasa: isikati salo se si seduze ukufika, izinsuku zalo a zi yi kwandiswa.

14 Ngokuba uJehova u ya kuba nesihe ku Jakobe, a buye a m kete uIsraeli, a ba beke ezweni la kubo: ote gozololo u ya kuzihlanganisa nabo, ba namatele endhlini ka Jakobe. 2 Izizwe zi ya kubatabata, zi ba yise endaweni yabo; indhlu ka Israeli i ya kubenza ifa ezweni li ka Jehova, ba be izigqili nezigqilikazi: aba kade be ba tumbile bona ba ya kuba abatunjwa babo; ba ya kubusa pezu kwababandezeli babo.

3 Ko ti ngosuku o ya kupunyuzwa ngalo ebuhlungwini bako nguJehova, na sekuyaluzeni kwako, na sebugqilini bako obulukuni o tweswe bona, 4 u tate umlinganiso ngenkosi ya seBabulon, u ti, Yeka ukupela kwombandezeli! yeka ukupela kwomuzi wegolide! 5 UJehova wapulile udondolo lwamashinga, nentonga yababusi; 6 yena owa shaya ngentukutelo abantu ngokushaya okungakaukiyo, yena owa busa izizwe ngolaka, ngokuzingela oku nga nqandwanga muntu. 7 Umhlaba wonke u pumulile u zolile: ba qumuka ngokwenanela. 8 Yebo, imifire i ya tokoza ngawe, nemisedare ya seLebanon, i ti, Yiloku wa laliswa pansi wena, a kako umgauli o wenyukela kitina. 9 ISheoli ngapansi li ya kwishiza ngawe ukukuhlangabeza ekufikeni kwako; li papamisele wena izitunzi, izikulu zonke zomhlaba; li vusile ezihlalweni zawo zobukosi onke amakosi ezizwe. 10 Onke a ya kupendula a ti kuwe, Nawe u s'u butakataka njengati na? u s'u fana nati na? 11 Ubudhlondhlobala bako b'ehliselwe eSheoli, umsindo wezingubu zako: izimpetu z'enekwa ngapansi kwako, nezibungu zi ya ku sibekela.

12 Yeka ukuwa kwako ezulwini, Kwezi, ndodana yokusa! yeka ukunqunyelwa kwako pansi, wena owa u qoqoza izizwe! 13 Wa ti enhliziyweni yako, Ngi ya kwenyukela ezulwini, ngi pakamise isihlalo sami sobukosi pezu kwezinkanyezi zi ka Nkulunkulu; ngi hlale pezu kwentaba yenhlangano, ekugcineni kwenyakato; 14 ngi ya kwenyukela pezu kwezindawo ezipakemeyo zamafu; ngi zifanise noPezu Konke. 15 Noko u ya kwehliselwa pansi eSheoli, ekugcineni kwomgodi. 16 Abakubonayo ba ya kukugqolozela, ba ku qonde, be ti, Uye lo owa gedezelisa umhlaba, nowa zamazamisa imibuso; 17 ow'enza izwe li be ihlane, wa diliza imizi yalo; o nga kululanga iziboshwa zake zi goduke na? 18 Onke amakosi ezizwe, onke a lele odumweni, ileyo endhlini yayo. 19 Kodwa wena u lahliwe ngapandhle kwetuna

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Udaba ngeFilistiya. Udaba ngoMoabe.

lako njengegatsha elinengekayo, wembete ababuleweyo, be gwazwe ngenkemba, b'ehlela ematsheni omgodi; njengesidumbu si nyatelwe ngezinyawo. 20 A u yi kubandakanywa nabo ekumbelweni, ngokuba u cite izwe lako, u bulele abantu bako; inzalo yabenza okubi a i yi kuba na gama na nini.

21 Lungiselani abantwana bake ukubulawa ngenxa yobubi ba oyise, ukuze ba nga vuki, ba dhle umhlaba, ba gcwalise izwe ngemizi. 22 Ngi ya kubavukela, u sho uJehova wamabandhla, ngi nqume eBabulon igama nensali, nendodana nendodana yendodana, u sho uJehova. 23 Futi ngi ya kulenza li be ifa lenungu, li be iziziba zamanzi: ngi li shanele ngomshanelo wokushabalalisa, u sho uJehova wamabandhla.

24 UJehova wamabandhla u fungile, e ti, Impela, njengokuhlosa kwami, ku ya kuba njalo; njengokuceba kwami, ko ma kanjalo. 25 ukuti, ngi ya kumapula umAsiriya ezweni lami, ngi m nyatele ngonyawo ezintabeni zami: konake ijokwe lake li ya kusuka ku bona, nomtwalo wake u suke emahlombe abo. 26 Yileli icebo eli cetshelwe umhlaba wonke; yilesi isandhla eseluliweyo pezu kwezizwe zonke. 27 Ngokuba uJehova wamabandhla u ku cebile, ubani o nga ku shafisa na? isandhla sake s'eluliwe, ubani o nga si buyisa na?

28 Ngomnyaka wokufa kwenkosi uAhazi kwa ba kona lolu daba.

29 U nga tokozi, wena Filistiya lonke, ngokuba intonga enishayileyo yapukile; ngokuba empandeni yenyoka ku ya kupuma ibululu, isitelo salo si be inyoka e nobuhlungu obushisayo endizayo. 30 Amazibulo ompofu a ya kuhxaba, impabanga i butise ngokulondeka; ngi ya kububisa impande yako ngendhlala, insali yako i bulawe. 31 Hxiwula, sango; kala, muzi; wena Filistiya lonke wa shekezela, ngokuba ku vela umusi enyakato, a kako o salela ebutweni lake.

32 Izigijimi zezizwe zi ya kupendulwa ngokutini na? ngokuti, UJehova u li bekele izisekelo iZiyon, abahlushiweyo babantu bake ba ya kupepela kulo.

15 Udaba ngoMoabe.

Ngokuba ngobusuku nje iAri li ka Moabe li qotuliwe li citiwe; ngokuba ngobusuku iKiri li ka Moabe li qotuliwe li citiwe. 2 B'enyukele eBayiti, na seDibon, ezindaweni ezipakemeyo, ukuba ba kale: uMoabe u ya hxiwula pezu kweNebo, na pezu kweMedeba; amakanda onke abo a gegiwe, izilevu zonke zi puciwe. 3 Ba binca ngendwangu yamasaka ezitaladini zabo; opahleni lwabo na sezigcawini zabo, bonke ba ya hxiwula, be mululeka izinyembezi. 4 IHeshbon li ya mbongoza, neElale; izwi labo li zwakala na seJahaze: ngako abahlomileyo ba ka Moabe ba ya hlokoma; umpefumulo wake u ya tutumela pakati kwake. 5 Inhliziyo yami i ya mbongoza ngoMoabe; izidukudukwana zake zi balekela eZohare, eEglati-shelishiya: ngokuba ekwenyukeni kwa seLuhiti ba ya kwenyuka be kala; ngokuba endhleleni e ya eHoronayim ba mbongozisa okobujiswayo. 6 Ngokuba amanzi eNimrim a ya kuba incitakalo; ngoba utshani bu bunile, uhlaza lu pelile, a ku seko okuluhlaza. 7 Ngakoke insudu abayitolileyo, na loko abakukwezileyo, ba ya kuyitutela pesheya kwomfula weminyezane. 8 Ngoba ukukala se ku zungeze imikaulo ya kwa Moabe; ukuhxiwula ku ya eEglayim, ukuhxiwula ku ya eBereelim. 9 Ngoba amanzi a seDimon a gcwele igazi; ngokuba ngi ya kwengeza okunye eDimon, ngi tume ingonyama pezu kwabo abasindileyo eMoabe, na kwabaseleyo ezweni.

16 Tumelani ku mbusi wezwe izimvana ku suka eSela ku ye ehlane, entabeni yendodakazi ya seZiyon. 2 Ko ti njengezinyoni ezizulayo, njengesidhleke esihlakazekileyo, a be njalo amadodakazi a seMoabe emazibukweni eArnon. 3 Lulekani

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukucitwa ku ka Moabe. Udaba ngeDamaseku.

ni feze ukwahlulela; yenza isitunzi sako si be njengobusuku pakati kwemini enkulu; ni siteze abaxoshiweyo; ni nga daluli obalekayo. 4 Abaxoshiweyo bami ma ba ti gozololo nawe; uMoabe-ke, ma u be indawo yake yokucasha ebusweni bomciti. Ngokuba umqwagi u shafile, ukucita ku ya pela, abacibizi ba qediwe ezweni. 5 Isihlalo sobukosi si ya kuqiniswa ngesihau; ku hlale otile kuso ngeqiniso, etententi li ka Davida, ahlulela e funa ukuba kwahlulelwe kahle, e shesha ukwenza okulungileyo.

6 Si zwile ngokuzidhla ku ka Moabe, ukuti u ya zidhla kakulu; si zwile ukuziqenya kwake, nokuzidhla kwake, nentukutelo yake; kodwa ukupafuza kwake ku yize. 7 Ngakoke uMoabe u ya kuhxiwulela uMoabe, bonke ba ya kuhxiwula: ngenxa yezicaba zamavini za seKirihareseti ni ya kugqiha, ni shayiwe impela. 8 Ngoba amasimu eHeshbon a wumile, nomvini weSibema; abanumzana bezizwe ba hlepulile amagatsha aketekileyo awo, a finyelela na seJazeri, a qubekela ehlane; amahlumela awo enaba, a wela ulwandhle. 9 Ngakoke ngi ya kuwukalela umvini weSibema ngokukala kweJazeri; ngi ya kukuswakamisa ngezinyembezi zami, wena Heshbon, nawe Elale: ngoba kwehlile pezu kwezitelo zako zehlobo, na pezu kokuvuna kwako izimema zempi. 10 Ku shwaliwe ukutokoza nokwetaba ensimini evundileyo; na sesivinini a ku yi kubako ukwenanela nokuhlokoma: abanyatelayo a ba sa yi kulinyatela iwayini ezikamweni; ngi s'enze sa kauka isimema sesivini. 11 Ngako inhliziyo yami i ya kuduma njengenkoka ngenxa ka Moabe, nezibilini zami ngenxa ka Kiri-heresi. 12 Ko ti nxa uMoabe e zibonakalisa, e zikataza endaweni epakemeyo, a ye endaweni yake engcwele ukuba a tandaze, a nga pumeleli.

13 Yileli izwi ela kulunywa uJehova ngoMoabe ngesikati esidhlulileyo. 14 Kodwa kaloku uJehova u kulumile, e ti, Eminyakeni emitatu, njengeminyaka yoqashiweyo, udumo lu ka Moabe lu ya kushaywa imbuqa, kanye naso sonke isixuku sake esikulu; insali i ya kuba ncane kakulu, i nga bi namandhla.

17 Udaba ngeDamaseku.

Bheka, iDamaseku li susiwe ukuba li nga bi umuzi, li ya kuba ingqumbi yezala. 2 Imizi ya seArohere i shiyiwe; i ya kuba eyemihlambi, e ya kubutisa kona i ng'etuswa muntu. 3 Inqaba i ya kupela kwa Efrayim, nombuso eDamaseku, nensali ya seSiriya; i ya kuba njengodumo lwaba kwa Israeli, u sho uJehova wamabandhla.

4 Ko ti nga lolo suku, udumo lu ka Jakobe lu ncishiswe, ukukulupala kwenyama yake kwonde. 5 Ku ya kuba njengaloku umvuni e buta amabele a sezinhlangeni, umkono wake u vuna izikwebu; yebo, ku ya kuba njeng'o kotoza izikwebu esigodini sa maRefa. 6 Noko umkotozo u ya kusala kona njengokuvutululwa kwomnqumo, izinhlamvu ezimbili noma zi be ntatu esihlokweni segatsha eli pezulu kakulu, ezine noma ezi isihlanu ezimbaxeni zomuti otelayo, u sho uJehova, uNkulunkulu ka Israeli. 7 Nga lolo suku abantu ba ya kubheka uMenzi wabo, amehlo abo a m nake oNgcwele ka Israeli. 8 A ba yi kubheka kuwo amalati, umsebenzi wezandhla zabo; ba nga ku naki loko okwenziwe iminwe yabo, ukuti oAshera, nemifanekiso yelanga. 9 Nga lolo suku imizi yabo e izinqaba i ya kuba njengezindawo ezishiyiweyo ehlatini na sesihlokweni sentaba eza shiywa pambi kwaba kwa Israeli; ku ya kuba incitakalo. 10 Ngokuba u kohliwe uNkulunkulu okusindisayo, a u li kumbulanga itshe lamandhla ako; ngako u ya tshala izitshalo ezimnandi, u gxumeke izinti zomvini zabezizwe. 11 Ngosuku lokutshala kwako u ya ku biyela, kusasa u ya yi kahlelisa imbeu yako; kodwa ukuvuna ku ya baleka osukwini losizi nobuhlungu obu nge na kupola.

12 Au, inxokozelo yabantu abaningi aba xokozelisa okolwandhle olu-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Isiprofeto ngela sEtiyopiya. Udaba ngEgipite.

xokozelayo; nokuholoba kwezizwe njengokuholoba kwamanzi a namandhla aholobayo! 13 Izizwe zi ya kuholoba njengokuholoba kwamanzi amaningi: kodwa u ya kuzikuza, zi balekele kude, zi xoshwe njengamakoba ezintaba ngapambi kwomoya, na njengotuli lwezicwe ngapambi kwesivunguvungu. 14 Ngokuhlwa nazi izesabiso; ku nga ka si a zi seko. Yilesi isabelo sabasamukayo nenkato yabasipangayo.

18 Au, izwe lokukwashaza kwamapiko, eli ngapesheya kwemifula ya sEtiyopiya; 2 eli tumela amanxusa ngolwandhle ngemikumbi yekwani pezu kwamanzi, ngi ti, Hambani nina zigijimi ezi nejubane, ni ye kuso isizwe esidepileyo nesi izinyabule, ku bantu ab'esabekayo kwa sekuqaleni kwabo, isizwe esi linganisela ezinye nesi nyatela pansi, esi lizwe laso l'ahlukaniswe imifula! 3 Nina nonke abakileyo ezweni nani bahleziyo emhlabeni, la se ku pakanyiswa iduku ezintabeni, bhekani; na la se li shaywa icilongo, yizwani.

4 Ngokuba uJehova wa sho kimi, wa ti, Ngi ya kutula mina, ngi bukele ngi sekaya lami, njengokubalela okute cwe kwelanga, na njengefu lombete ekubaleleni kwesikati sokuvuna. 5 Ngokuba ku nga ka vunwa, ukukahlela se ku pelile, imbali i si ba ivini elivutiweyo, u ya kunquma amahlumela nga oncelemba, a wa suse amagatsha enabileyo a wa nqume. 6 A ya kushiywa ndawonye, a shiyelwe amanqe ezintaba, nezilwane zomhlaba; amanqe a ya kudhlulisa ihlobo pezu kwawo, izilwane zonke zomhlaba zi dhlulise ubusika pezu kwawo. 7 Nga leso sikati isipo si ya kuletwa ku Jehova wamabandhla, si vela esizweni esidepileyo nesi izinyabule, ku bantu ab'esabekayo kwa sekuqaleni kwabo, isizwe esi linganisela ezinye nesi nyatela pansi, esi lizwe laso l'ahlukaniswe imifula, si fike endaweni yegama li ka Jehova wamabandhla, intaba iZiyon.

19 Udaba ngEgipite.

Bheka, uJehova u kwele efwini eli nejubane, u y'eza Egipite: izitombe za sEgipite zi ya kututumela ngapambi kwake; inhliziyo yEgipite i ya nyiba ngapakati kwalo. 2 Ngi ya kuvusa abasEgipite ukuba ba lwe nabasEgipite: ba ya kulwa ilowo nomfo wabo, ilowo nomakelwane wake; umuzi u lwe nomuzi, umbuso u lwe nombuso. 3 Umoya wa sEgipite u ya kutiwa bijelezi pakati kwalo; ngi ya kugwinya amasu alo: ba ya kuya kuzo izitombe na kwabezindalule, naba nemilozikazana na sezangomeni. 4 Aba sEgipite ngi ya kubanikeza esandhleni senkosi e lukuni; inkosi esabekayo i ya kubusa pezu kwabo, i sho iNkosi uJehova wamabandhla.

5 Amanzi a ya kuti geqe elwandhle, umfula u she u ti kote. 6 Imifula i ya kunuka; imifulana ya sEgipite i ncipe i she; ku bune nomhlanga nebuma. 7 Izimfunda ezi nga seNayile nga sogwini lweNayile, namasimu onke ahlwanyelweyo a seNayile a ya kuti kote a pepeteke, a nga be e sa ba biko. 8 Abadobi bezinhlanzi ba ya kububula, bonke aba ponsa udobo eNayile ba lile, ab'eneka amaneta ngapezu kwamanzi ba hlale nkongolwana. 9 Aba sebenza ngeflaksi elihxayiweyo, nab'aluka ukaliko ba ya kujaba. 10 Izinsika zalo zi ya kuvikizwa; bonke aba sebenza ngokuqashwa ba ya kudabuka empefumulweni.

11 Izikulu za seZoan zi izipukupuku nje; isiluleko sabaluleki abahlakanipileyo ba ka Faro se si ubutuntusha: ni sho kanjani nina ku Faro, ukuti, Ngi indodana yohlakanipileyo, indodana yamakosi a sendulo na? 12 Api po amadoda ako ahlakanipileyo? ma ka ku tshele manje; ma k'azi oku cetshwe uJehova wamabandhla ngEgipite. 13 Izikulu za seZoan se zi iziwula, izikulu za seMemfisi zi kohlisiwe; zi l'edusile ela sEgipite, ezi itshe legumbi lezizwe zalo. 14 UJehova u xubanisile umoya wokupunduka pakati

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Aba sEgipite ba zo buyela ku Jehova. **Ko tunjwa lona nEtiyopiya.**

kwalo; zi l'edusile ela sEgipite emisebenzini yonke yalo, njengesidakwa si pubazela ebuhlanzweni baso. 15 Ela sEgipite a li yi kuba na msebenzi, o ng'enziwa inhloko nomsila, ihlamvu lesundu nencema.

16 Nga lolo suku aba sEgipite ba ya kuba njengesifazana; ba ya kututumela be shaywa uvalo ngenxa yokunikina kwesandhla si ka Jehova wamabandhla, a si nikinela pezu kwabo. 17 Izwe la kwa Juda li ya kubanga amatezane Egipite; lowo oku ya kulandwa kuye ngalo u ya kuba novalo ngenxa yokuceba ku ka Jehova wamabandhla, akucebayo ngalo.

18 Nga lolo suku ko ba kona imizi e isihlanu ezweni la sEgipite e kuluma ulimi lwa kwa Kanan, e funga uJehova wamabandhla; omunye u ya kubizwa ngokuti, Umuzi wokudilizwa.

19 Nga lolo suku ku ya kuba kona ilati ku Jehova pakati kwezwe la sEgipite, nensika emkaulweni walo ku Jehova. 20 Ku ya kuba isibonakaliso nofakazi ku Jehova wamabandhla ezweni la sEgipite; ngokuba ba ya kukala ku Jehova ngenxa yababandezeli, yena u ya kubatumela umsindisi, nomvikeli a b'opule. 21 UJehova u ya kwaziwa Egipite, aba sEgipite ba ya kumazi uJehova nga lolo suku; yebo, ba ya kukonza ngomhlatshelo na ngomnikelo, ba tembise isitembiso ku Jehova, ba si feze. 22 UJehova u ya kulishaya ela sEgipite, e shaya e polisa; ba ya kubuyela ku Jehova, a ncengwe yibo, a ba polise.

23 Nga lolo suku ku ya kuba kona umgwaqo o puma Egipite u ya eAsiriya, umAsiriya u ya kungena Egipite, umEgipite a ngene eAsiriya; aba sEgipite ba konze uJehova kanye naba seAsiriya.

24 Nga lolo suku uIsraeli u ya kuba owesitatu kanye nEgipite neAsiriya, ba be isibusiso pakati kwomhlaba; 25 ngoba uJehova wamabandhla u ba busisile, e ti, Ma li busiswe ela sEgipite, abantu bami, neAsiriya umsebenzi wezandhla zami, noIsraeli ifa lami.

20 Ngomnyaka a fika ngawo uTartan eAshdodi e tunywe uSargon inkosi ya seAsiriya, wa lwa neAshdodi, wa li dhla; 2 nga leso sikati wa kuluma uJehova ngoIsaya ka Amozi, e ti, Hamba u kumule indwangu yamasaka okalweni lwako, u kumule isicatulo sako onyaweni lwako. W'enze njalo, wa hamba nqunu e nga fake na zicatulo. 3 Wa ti uJehova, Njengaloko uIsaya inceku yami e hamba nqunu e nga fake na zicatulo iminyaka emitatu wa ba isibonakaliso nesimangaliso ngEgipite na nge-Etiyopiya; 4 ku njaloke inkosi ya seAsiriya i ya kuquba abatunjwa ba sEgipite, neziboshwa za sEtiyopiya, abasha nabadala, be nqunu be nga fake na zicatulo, izinqe zabo zi hlubuliwe, ku be ihlazo la sEgipite. 5 Ba ya kupapateka ba jabe nge-Etiyopiya itemba labo, na ngEgipite aba zincoma ngalo. 6 Owakileyo ku leli la sogwini u ya kuti nga lolo suku, Bheka, li nje itemba letu, lapa si balekela kona, ukuba si sizwe s'opulwe enkosini ya seAsiriya; kanti tina si ya kusinda kanjani?

21 Udaba ngehlane lolwandhle. Njengokubenguza kwezivunguvungu za seningizimu, ku ya fika ku puma ehlane ezweni elesabekayo. 2 Ngi tsheliwe umbono olukuni; ombumbuluzayo u ya mbumbuluza, umciti u ya cita. Yenyuka, wena Elam; u vimbezele, wena Mediya; konke ukukala kwalo ngi kwenze kwa kauka. 3 Ngako ukalo lwami lu gcwele iminjunju; inimba i ngi pete njengenimba yowesifazana obeletayo: ngi konkobele a ngi na kuzwa; ngi papatekile a ngi na kubona. 4 Inhliziyo yami i ya bakuzela, ukugubhuzela ku ngi twetwezelisile; ukuswelela engakunxanelayo ku pendulwe ukututumela kimi. 5 Ku lungiswa itafula, ku miswa abalindi, ku ya dhliwa, ku ya puzwa: vukani,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Udaba ngamazwe. IJerusalem li ya delela li vinjezelwa.

nina zikulu, ni gcobe isihlangu. 6 Ngokuba iNkosi i shilo loku kimina ukuti, Hamba, u mise umlindi; ma ka sho akubonayo: 7 lapo e se bona isigaba, abakwel'amahashi be ombangqwa, nesigaba sezimbongolo, nesigaba samakamelo, u ya kulalela nokulalela ngesineke. 8 Wa memeza njengengonyama: wa ti, E Nkosi, ngi mi njalo emboshongweni emini, ngi miswe embonisweni yami ubusuku bonke; 9 nasi isigaba samadoda si y'eza, abakwel'amahashi be ombangqwa. Wa pendula wa ti, Li wile, li wile iBabulon; izitombe zonke ezibaziweyo za onkulunkulu balo z'apukile, za wa pansi.

10 Au, nto yami ebhuliweyo, mabele esibuya sami! loko engikuzwileyo ku Jehova wamabandhla, uNkulunkulu ka Israeli, ngi ni tshelile kona.

11 Udaba ngeDuma.

Ngi menyezwa eSehire ngokuti, Mlindi, isikati sini sobusuku na? Mlindi, isikati sini sobusuku na? 12 Umlindi wa ti, Ku y'eza ukusa, nobusuku futi: uma ni buza, buzani: buyani, yizani.

13 Udaba pezu kweArabiya.

Ni ya kungenisa ehlatini la seArabiya, nina miqumo yamaDedani. 14 Ba m letela owomileyo amanzi; abakileyo ezweni la seTema ba hlangabeza nesinkwa ababalekayo. 15 Ngokuba ba balekela izinkemba, inkemba ehoshiweyo, nomnsalo ogotshiweyo, nobunzima bokulwa. 16 Ngokuba uJehova u shilo loku kimina ukuti, Ngapakati kwomnyaka, njengeminyaka yoqashiweyo, lu ya kupela lonke udumo lwa kwa Kedare; 17 insali yomumo wabemicibisholo, iziqwaga zaba kwa Kedare, zi ya kuba ingcozana; ngokuba uJehova uNkulunkulu ka Israeli u ku kulumile.

22 Udaba ngomhosha wombono.

U nani, ukuba u ze wenyukele wonke opahleni lwezindhlu na? 2 Wena o gcwele ukuwekezela, muzi oxokozelayo, muzi owetabayo; ababuleweyo bako a ba bulawanga ngenkemba, ka ba fele ekulweni. 3 Ababusi bako bonke ba balekile kanyekanye, ba boshwa ngabemicibisholo; bonke abako abafunyanwayo ba boshwa kanyekanye, ba be balekela kude. 4 Ngako nga ti, Yekani ukungibheka, ngi ya kukala ngomunyu; ni nga kutaleli ukungiduduza ngenxa yokucitakala kwendodakazi yabantu ba kiti.

5 Ngokuba ku ngusuku lokudungeka, nolokunyatelwa pansi, nolwenkinga, olu puma eNkosini uJehova wamabandhla, emhosheni wombono: olokubidhlizwa kwezindonga, nokukala kuzo izintaba. 6 UElam wa pata isambo, e nezinqolana zamadoda nabakwel'amahashi; uKiri w'ambula isihlangu. 7 Kwa ti izigodi eziketekileyo zako za gcwala izinqolana zempi, abakwel'amahashi ba zihlela esangweni. 8 Wa si susa isimbozo si ka Juda; wa bheka nga lolo suku kuzo izikali ezi sendhlini yehlati. 9 Na bona futi izikala zomuzi ka Davida ukuti ziningi; na wa qoqa amanzi ecibi eli nga senzansi; 10 na bala izindhlu za seJerusalem, na bidhliza izindhlu ukuze ni qinise ugange; 11 ni w'enzile umgodi wamanzi emkatini wezingange ezimbili wamanzi ecibi elidala. Kodwa a ni bhekanga kuye owakwenzayo loku, a ni m nakanga o kade wa ku ceba.

12 Nga lolo suku iNkosi uJehova wamabandhla wa bizela ekukaleni, na sekulileni, na sekugegeni, na sekubinceni indwangu yamasaka: 13 naku ukujabula nokutokoza, ukubulala izinkomo nokuhlaba izimvu, ukudhla inyama nokupuza iwayini: Ma si dhle, si puze, ngoba ngomuso si za kufa. 14 UJehova wamabandhla wa z'ambula ezindhlebeni zami, wa ti, Impela a ni yi kutetelelwa lobu bubi ni ze ni fe, i sho iNkosi uJehova wamabandhla.

15 I sho iNkosi uJehova wamabandhla, i ti, Hamba, u ye ku lo

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ma ku suswe uShebena ku fakwe uEliyakim. Udaba ngeTire.

mpatingcebo, ku Shebena o pata
indhlu, u ti, 16 Wenzani lapa na?
u nobani lapa ukuba u zigumbele
ituna lapa na? e zigumbele ituna pe-
zulu, e ziqopele ikaya eweni!
17 Bheka, uJehova u ya kukujikijela
kude njengesiqwaga, yebo, a ku
songe mbo. 18 Impela u ya kuku-
tandela a ku tandele, a ku ntshingise
okwembumbulu ezweni eli banzi inxa
zombili; u ya kufela lapo, zi be kona
lapo izinqolana zodumo lwako, wena
hlazo lendhlu yenkosi yako. 19 Ngi
ya kukuhlohloloza esikundhleni sako;
u dilizelwe pansi endaweni yako. 20
Ko ti nga lolo suku, ngi bize inceku
yami uEliyakim ka Hilekiya: 21
ngi m ambatise ingubo yako, ngi m
qinise ngebande lako, ngi nikeze uku-
busa kwako esandhleni sake; a be
uyise kwabakileyo eJerusalem, nabe-
ndhlu ya kwa Juda. 22 Isihlutulelo
sendhlu ka Davida ngi ya kusibeka
pezu kwehlombe lake; u ya kuvula,
ku nga vali muntu; a vale, ku nga
vuli muntu. 23 Ngi ya kumbetelisa
okwesipikili endaweni eqinisekileyo; a
be owesihlalo sodumo endhlini ka yise.
24 Ba ya kupanyeka pezu kwake
udumo lonke lwendhlu ka yise, ama-
xantela namahxume, izitsha zonke
ezincane, ku suka ezitsheni zemikele
ku ze ku be sezitsheni zezingcazi.
25 Nga lolo suku, u sho uJehova
wamabandhla, isipikili esa betelwa
endaweni eqinisekileyo so kumuka, si
nqanyulwe, si we; nomtwalo o be lu
pezu kwaso lo nqunywa; ngoba uJe-
hova u ku kulumile.

23 Udaba ngeTire.
Hxiwulani nina mikumbi ya
seTarshishi; ngokuba li qotuliwe, a
ku seko ndhlu, nokungena a kuko:
ba kwambulelwe ku vela kwela se-
Kitim. 2 Tulani, nina abakileyo
ogwini, nina eni gcwaliswe ngabate-
ngi ba seSidon, aba wela ulwandhle.
3 Emanzini amakulu imbeu ya se-
Shihore, ukuvuna kweNayile, kwa ku
inzuzo yalo; la li indawo yentengo
yezizwe. 4 Yiba namahloni, wena
Sidon; ngokuba lu kulumile ulwa-
ndhle, inqaba yolwandhle, i ti, A ngi
banga na mihelo a ngi zalanga, a ngi
kulisanga zinsizwa, a ng'ondhlanga
na zintombi. 5 Nxa ku bikwa Egi-
pite ba ya kuzibinya ngembiko ye-
Tire. 6 Welelani eTarshishi; hxi-
wulani, nina abakileyo ogwini. 7
Konje, yiwo lo muzi wenu owetaba-
yo, ubudala bawo bu obezinsuku
za sendulo na? o zinyawo zawo za
wu yisa kude ukuti gozololo kona?
8 Ubani o cebe loku ngeTire na?
umuzi oqelisayo, o batengi bawo ba
izikulu, nabahwebi bawo be ngaba-
dumileyo bomhlaba na? 9 UJehova
wamabandhla uyena okucebileyo,
ukuba a dumaze ukuzidhla kwoku-
cwazimula konke, nokuba ba keswe
bonke abadumileyo bomhlaba. 10
Dabula ezweni lako njengeNayile,
wena ndodakazi ya seTarshishi, a ku
seko sibopo kuwe. 11 Welulile isa-
ndhla sake pezu kwolwandhle, wa ge-
dezelisa imibuso: uJehova u yalile
ngoKanan ukuba ku shabalaliswe izi-
nqaba zalo. 12 Wa ti, A u sa yi ku-
pinda wetabe, wena ntombi e patwa
ngokahlo, ndodakazi ya seSidon: vuka
u welele eKitim; na lapo a u yi ku-
tola kupumula.
13 Bheka izwe lamaKaledi: nga-
bantu aba be ngeko labo: umAsiriya
wa li beka izisekelo li be elabo aba
hlala ehlane; ba misa imiboshongo
yalo; ba shaya ba hlikihla izindhlu
zalo zobukosi; ba l'enza li be izala.
14 Hxiwulani, nina mikumbi ya se-
Tarshishi; ngokuba inqaba yenu i
qotuliwe. 15 Ko ti nga lolo suku
iTire li kohle iminyaka e ngama-
shumi a isikombisa, njengezinsuku
zenkosi inye: ekupeleni kweminyaka
e ngamashumi a isikombisa iTire li
ya kuba njenga sengomeni yesifebe,
e ti, 16 Tata inkoka, u zungazungeze
emzini, wena sifebe o kade u kohle-
kile; beta kamnandi u hlabelele izi-
ngoma eziningi, ukuze u kunjulwe.
17 Ko ti emva kokupela kweminyaka
e ngamashumi a isikombisa, uJehova
a hambele eTire, li buyele enkoke-
lweni yalo, li febe nemibuso yo-
nke yezwe e sebusweni bomhlaba.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UJehova wahlulela izizwe.

18 Intengo yalo nenkokelo yalo i ya kuba ubungcwele ku Jehova: a i yi kubekwa i nqwabelwe; ngokuba intengo yalo i ya kuba eyabo aba hlala ngapambi ku ka Jehova, ukuze ba dhle ba sute, ba be nezingubo eziqinileyo.

24 Bheka, uJehova u ya bijelezela umhlaba, u ya wu cita, u ya wu gumbuqela, u ya hlakaza abakileyo kuwo. 2 Ko ti ke, njenga ku bantu, ku be njalo na ku mpristi; njenga sesigqilini, ku be njalo na senkosini yaso; njenga sesigqilikazini, ku be njalo na senkosikazini yaso; njenga ku mtengi, ku be njalo na kotengisayo; njenga ku yena oku tshelekwa kuye, ku be njalo na kotshelekayo; njenga kobizayo inzalo, ku be njalo na kokokayo inzalo kuye. 3 Umhlaba u ya kubijelezelwa nokubijelezelwa, u pangwe nokupangwa; ngokuba uJehova u kulumile leli zwi. 4 Umhlaba u ya lila u sinye, izwe li ya buna li sinye, abapakemeyo bomhlaba ba hlezi nkongolwana. 5 Umhlaba u nukubeziwe ngapansi kwabakileyo kuwo; ngokuba b'eqile imiteto, ba z'onile izimiso, b'apula isivumelwano esimiyo njalo. 6 Ngakoke isiqalekiso si wu dhlile umhlaba, labo abakileyo kuwo ba toliswe icala: ngakoke abakileyo bomhlaba ba shisiwe, ba ingcozana abaseleyo. 7 Iwayini elisha li ya lila, umvini u ya wuma, bonke aba nhliziyo i tokozile ba ya kala. 8 Ukujabula kwezigubu ku ya kauka, ukuholoba kwabo abetabayo ku ya pela, injabulo yenkoka i ya kauka. 9 A ba yi kupuza iwayini be vuma ingoma; upuzo olu namandhla lu ya kubaba kubo abalupuzayo. 10 Umuzi wencitakalo u bidhlikile; zonke izindhlu zi valiwe, ukuba ku nga ngeni muntu. 11 Ku ya mbongozwa ezitaladini ngenxa yewayini; yonke intokozo i fipele, ukujabula kwezwe ku mukile. 12 Emzini ku sele incitakalo, isango li shaywe la hlikizwa. 13 Ko ba njaloke emhlabeni pakati kwezizwe, ku ya kuba njengokuvutululwa kwomnqumo, nokukotozwa kwezivini lapa se ku pelile ukuvuna. 14 Laba ba ya kupakamisa izwi labo, b'enanele; ngobudhlondhlobala bu ka Jehova ba ya ntontoloza be solwandhle. 15 Ngakoke dumisani uJehova ni sempumalanga, igama li ka Jehova, uNkulunkulu ka Israeli, eziqingini zolwandhle. 16 Si zwile amahubo e vela emikaulweni yomhlaba a ti: Ukucwazimula kwabalungileyo.

Kodwa nga ti, Ngi y'onda, ngi y'onda, maye mina! abahlubukayo ba ya hlubuka; yebo, abahlubukayo ba ya hlubuka kakulu. 17 Uvalo, nomgodi, nogibe, ku pezu kwako, wena owakileyo emhlabeni. 18 Ko ti, yena o balekela umsindo o shayisa uvalo a keleketele emgodini; naye opumayo ngapakati kwomgodi a bajwe ogibeni: ngokuba izibuko za pezulu zi vuliwe, izisekelo zomhlaba zi ya zamazama. 19 Umhlaba u vitizekile impela, umhlaba u hxebukile pakati, umhlaba u zanyazanyiswa ngamandhla. 20 Umhlaba u ya kutengezela njengesidakwa, u jikajike njengombede olengayo; isipambuko sawo si ya kuba nzima pezu kwawo; u ya kuwa u nga be u sa vuka.

21 Ko ti nga lolo suku, uJehova a jezise ibandhla labapakemeyo aba pezulu, namakosi omhlaba emhlabeni. 22 Ba ya kubutelwa ndawonye, njengeziboshwa zi butelwa emgodini, ba valelwe etilongweni; emva kwezinsuku eziningi ba ya kuhanjelwa. 23 Konake inyanga i ya kuyangaza, ilanga li jabe; ngoba uJehova wamabandhla u ya kubusa entabeni iZiyon, na seJerusalem; ngapambi kwamalunga ake ku ya kuba kona ubucwazicwazi.

25 Jehova, wena u nguNkulunkulu wami; ngi ya kukupakamisa wena, ngi za kubonga igama lako; ngokuba wenzile izimangaliso, amasu amadala ekutembekeni na seqinisweni. 2 Ngoba wenzile umuzi u be ingqumbi, nomuzi obiyelweyo u be izala, indhlu yobukosi yabafokazi i nga bi siwo umuzi; a i soze

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ihubo lokubonga umusa ka Jehova. Elokwetemba ukuvikela kwake.

y'akiwa futi. 3 Ngako abantu aba namandhla ba ya kukudumisa wena; umuzi wezizwe ezishayis'uvalo u kwesabe wena. 4 Ngokuba wena u bu inqaba kwabampofu, inqaba yempabanga ekukatazekeni kwayo, isipepelo esivunguvungwini, umtunzi ekubaleleni, lapo ukufuta kwabashayis'uvalo ku fana nesivunguvungu nga sodongeni. 5 U ya kudambisa umsindo wabafokazi njengokubalela ogwaduleni; njengokuba ukubalela ku dambiswa itunzi lefu, ihubo labashayis'uvalo li ya kutotshiswa ngokunjalo.

6 Na kuyo le ntaba uJehova wamabandhla u ya kwenzela izizwe zonke idili lokukulupeleyo, idili lewayini eli senhleseni, okukulupeleyo ku gcwele umkantsha, newayini eli senhleseni li cwengekile. 7 U ya kuqeda ku le ntaba isigubuzelo esi gubuzela abantu bonke, nesimbozo esi mboza izizwe zonke. 8 U gwinyile ukufa ku ze ku be nini; iNkosi uJehova u ya kwesula izinyembezi ebusweni babo bonke; isihlamba sabantu bake u ya kusisusa emhlabeni wonke: ngokuba uJehova u ku kulumile.

9 Ko tiwa nga lolo suku, Bheka, Lo nguNkulunkulu wetu; si m hlalele, u ya kusisindisa: Lo nguJehova; si m hlalele, si ya kwetaba si tokoze ngosindiso lwake. 10 Ngokuba isandhla si ka Jehova si ya kupumula ku le ntaba; uMoabe u ya kunyatelwa pansi endaweni yake, njengotshani obu nyatelwa emanzini equba. 11 U ya kwelula izandhla zake ngapakati kwawo, njengenhlambi e yelula izandhla zayo ukuhlamba; kodwa uJehova u ya kutobisa ukuzidhla kwake kanye nobuhlakani bezandhla zake. 12 Inqaba epakemeyo yezingange zako u yi folisile, u yi tobisile, wa yi fikisa pansi na sotulini.

26 Nga lolo suku le ngoma i ya kuhlatshelelwa ezweni la kwa Juda e ti: Si nawo umuzi oqinileyo; u ya kumisa usindiso lu be izingange nezindonga. 2 Vulani amasango, ukuze isizwe esilungileyo esi namatela ekwetembekeni si ngene. 3 U ya kumlinda a be nokutula okupeleleyo, o nhliziyo yake i zimazisekile kuwe; ngokuba u y'etemba ku wena. 4 Tembani uJehova njalo; ngoba ku Jehova, yebo, ku Jehova, ku kona itshe elimiyo njalo. 5 Ngokuba u ba folisile aba hlezi pezulu, umuzi opakemeyo: u wu tobisele pansi, u wu tobisele pansi ku ze ku be semhlabatini; u wehlisele na sotulini. 6 Unyawo lu ya kuwunyatela pansi; yebo izinyawo zabampofu, nezinyawo zezimpabanga. 7 Uhambo lolungileyo lu te ntse: wena oqoto u ya hlelemba umendo wabalungileyo.

8 Yebo, Jehova, si ku hlalele endhleleni yezahlulelo zako; ukunxanela kwompefumulo wetu ku bheke egameni lako, na kwelesikumbuzo sako. 9 Ngompefumulo wami ngi ku nxanele ebusuku; yebo, ngomoya wami o pakati kwami ngo ku funisisa: ngokuba lapo izahlulelo zako zi semhlabeni abakileyo bezwe ba ya funda ukulunga. 10 Noma ishinga l'enzelwa umusa, noko a li yi kufunda ukulunga; ezweni laba te ngqe li ya 'ukwenza oku nga lungile, a li yi kubona ubungqongqoshe bu ka Jehova.

11 Jehova, isandhla sako si pakeme, kanti ka ba boni: noko ba ya kubona ukushisekela kwako abantu, ba jabe; yebo, umlilo u ya kudhla abayimpi kuwe. 12 Jehova, u ya kusimisela ukutula; ngokuba u s'enzele yonke imisebenzi yetu. 13 E Jehova Nkulunkulu wetu, amanye amakosi ngapandhle kwako a buse pezu kwetu; kodwa ngawe wedwa si za kupata igama lako. 14 Ba file, a ba yi kubuya ba pile; ba izitunzi, a ba yi kuvuka: ngako u ba hambile wa ba shabalalisa, wenza ukuba ba nga be be sa kunjulwa. 15 Wandisile isizwe, Jehova, wandisile isizwe; u ya dunyiswa; wanule imikaulo yonke yezwe.

16 Jehova, ba ku hambile be nosizi; ba tulula umtandazo lapo ukulaya kwako kwa ku pezu kwabo. 17 Njengowesifazana okulelweyo, e so-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ndela esikatini sokubeleta, e zibinya, e kala, e nomsiko; be si njaloke nati emehlweni ako, Jehova. 18 Nati kade si kulelwe, sa zibinya, sa beleta okungati umoya nje; a s'enzanga lusindiso emhlabeni; futi a ba wanga abakileyo bezwe. 19 Abafileyo bako ba ya kupila; zi ya kuvuka izidumbu zabami. Papamani n'enanele, nina enihleziyo otulini; ngokuba umbete wako u fana nombete wemifino, umhlaba u ya kukipa izitunzi.

20 Wozani, bantu bami, ni ngene emakamelweni enu, ni vale iminyango yenu ngasemva kwenu: ni cashe isikashana esincane, ku ze ku dhlule ukubhaha. 21 Ngokuba, bheka, uJehova u ya puma endaweni yake ukujezisa abakileyo bomhlaba ngenxa yobubi babo: umhlaba nawo u ya kuhlalukisa igazi lawo, u nga be u sa ba sibekela ababuleweyo bawo.

27 Nga lolo suku uJehova u ya kujezisa ngenkemba yake elukuni enkulu eqinileyo uleviyatan inyoka etshuzayo, uleviyatan inyoka e nsongensonge; a bulale umkomo o selwandhle.

2 Nga lolo suku: Isivini sewayini, si hlabeleleleni. 3 Mina Jehova ngi ngumlindi waso; ngi ya kusimatisa ngezikati zonke: funa s'oniwe ngi ya kusilinda ubusuku nemini. 4 Ukufuteka a kuko kimi: sengati nga ku be iminga nemitolo i melene nami ekulweni! be ngi ya kuteleka kuyo ngi yi shise kanyekanye. 5 Kumbe a ka bambelele emandhleni ami, ukuze enze ukutula nami; yebo, a k'enzelane nami ukutula. 6 Ngezinsuku ezizayo uJakobe u ya kugxila; uIsraeli a kahlele a qakaze; a gcwalise ubuso bezwe ngokucuma.

7 U ba shaye njengokushaya kwake labo ababashayayo na? kumbe ba bulewe njengokubulawa kwaba bulewe yibo na? 8 Ekubamukiseni kwako u ya pikisana nabo ngokulingeneyo; u ba xoshile ngomoya wake o namandhla ngosuku lomoya wa sempumalanga. 9 Ngakoke icala li ka Jakobe li ya kutetelelwa nga loku; loku ku isitelo sonke sokususa isono sake: kokuba enze onke amatshe elati a be njengamatshe omcako apahlaziweyo, ukuze oAshera nemifanekiso yelanga i nga be i sa vuka. 10 Ngoba umuzi obiyelweyo u wodwa, ikaya elimukelweyo, li shiyiwe njengehlane: ku ya kuhxaba inkonyana kona, i butise, i qede amahlamvu awo. 11 Lapo amagatsha awo se e bunile, a ya kwapulwa; ku fike abesifazana ba w'okele; ngokuba ku ngabantu aba nge na ngqondo: ngako yena obenzileyo a ka yi kuba nesihe kubo, naye obabumbileyo a nga bi na musa ku bona.

12 Ko ti nga lolo suku, uJehova a vutuze izitelo zake ku suka emsingeni womFula ku ya emfulaneni wa sEgipite; ni coshwe ngabanye, nina ba kwa Israeli.

13 Ko ti nga lolo suku, icilongo elikulu li shaywe; ku fike labo aba be se be za kububa ezweni la seAsiriya, naba be ngabaxoshwa ezweni la sEgipite; ba kuleke ku Jehova entabeni engcwele eJerusalem.

28 Maye umqele wokuzidhla wezidakwa za kwa Efrayim, nayo imbali egangatekayo yokucwazimula kwake okutusekayo, e senhloko yomhosha ovundileyo wabo aba nqotshwa iwayini! 2 Bheka, iNkosi i naye oqinileyo n'o namandhla; u ya kuwisa pansi ngesandhla sake njengesipihli wesicoto na njengesikwishikwishi esibulalayo, na njengesipihli samanzi a namandhla akukulayo. 3 Umqele wokuzidhla wezidakwa za kwa Efrayim u ya kunyatelwa ngezinyawo: 4 imbali egangatekayo yokucwazimula kwake okutusekayo, e senhloko yomhosha ovundileyo, i ya kuba njengekiwane eli qala ukuvutwa, ku nga ka twasi ihlobo; oku ti nxa olibukayo a li bone, li se sesandhleni sake a li gwinye. 5 Nga lolo suku uJehova wamabandhla u ya kuba umqele wokucwazimula, nesigqoko sokuvunula kuyo insali yabantu bake; 6 nomoya wokwahlulela kuye o hlezi ekwahluleleni, nobuqwaga kubo aba buyisa impi esangweni.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Isinqumo sokuba kù citwe iJerusalem. Umfanekiso womlimi.

7 Na laba ba ya badazela ngenxa yewayini, ba pubazele ngenxa yopuzo olu namandhla; umpristi nomprofeti ba ya badazela ngenxa yopuzo olu namandhla, ba gwinyiwe iwayini, ba ya pubazela ngenxa yopuzo olu namandhla; ba y'eduka ekuboneni, ba kubeke ekwahluleleni. 8 Ngokuba onke amatafula a gcwele ubuhlanzo nensila, a kuko ndawo ehlanzekileyo.

9 U ya kufundisa bani ukwazi? u ya kuqondisa bani imbiko? bona abalunyuliweyo obisini ba suswa emabeleni na? 10 Ngokuba ku isiyalezelo pezu kwesiyalezelo, isiyalezelo pezu kwesiyalezelo; isilinganiso pezu kwesilinganiso, isilinganiso pezu kwesilinganiso; lapa ingcozana na lapo ingcozana.

11 Ayi, kepa u ya kukuluma ku laba bantu ngaba'milomo ikwitizayo, na ngolunye ulimi; 12 bona a ti kubo, Nansi indawo yokupumula, pumuzani oyetileyo; nansi indawo yokuqabuleka: noko a ba vumanga ukuzwa. 13 Ngako izwi li ka Jehova li ya kuba ku bona isiyalezelo pezu kwesiyalezelo, isiyalezelo pezu kwesiyalezelo; isilinganiso pezu kwesilinganiso, isilinganiso pezu kwesilinganiso; lapa ingcozana na lapo ingcozana; ukuze ba hambe, ba genuke, b'apuke, ba cushwe, ba bajwe.

14 Ngakoke yizwani izwi li ka Jehova, nina zitekuli, ezi busa laba bantu aba seJerusalem: 15 Ngokuba ni te, S'enzile isivumelwano nokufa, si tembisene neSheoli; la se ku dabula isiswebu esikukulayo, a si yi kufika kitina; ngokuba s'enzile amanga a be isipepelo setu, si cashile ngapansi kwenkohliso: 16 ngako i ti iNkosi uJehova, Bheka, ngi ya beka eZiyon itshe li be isisekelo, itshe elivivinyiweyo, itshe legumbi elinqabileyo, isisekelo esonasona: yena okolwayo a ka yi kuba neputu. 17 Ngi ya kukumisa ukwahlulela ku be isilinganiso, nokulunga ku be umtofu wokumisa ngokuti twi; isicoto si ya kumuka nesipepelo samanga, amanzi a kukule indawo yokucasha. 18 Isivumelwano senu nokufa si ya kushafiswa, ukutembisana kwenu neSheoli a ku yi kuma; la se ku dabula isiswebu esikukulayo ni ya kuba kuso into ecibizwayo. 19 So be si sa dabule kini si ni tate; kusasa imihla ngemihla si ya kudabula, emini na sebusuku: ku bange ingebhe ukuqonda imbiko. 20 Ngokuba icansi li fushane ukuba umuntu enabe kulo; isimbozo si ncane ukuba umuntu a zisonge ngaso. 21 Ngokuba uJehova u ya kuvuka njenga sentabeni iPerazim, a tukutele njenga sesigodini sa seGibeon; ukuba enze umsebenzi wake, umsebenzi wake ongaziwayo, enze isenzo sake esingabonabonwayo. 22 Ngakoke ma ni nga bi izitekuli, funa izibopo zenu zi qiniswe; ngokuba ngi zwile eNkosini uJehova wamabandhla, isinqumo ngomhlaba wonke sokuba u qedwe.

23 Bekani indhlebe, ni zwe izwi lami; lalelani, ni zwe inkulumo yami. 24 O lima ukuba a hlwanyele u ya lima izinsuku zonke na? u hlala e qekeza e bhuqa umhlabati wake na? 25 E se lelezile ubuso bawo, a ka sakazi yini amafitshizi, a vumvuzele ikumini, a tshale ukolweni ngezinhla, nebarle endaweni ekonjiweyo nespeleta emnceleni na? 26 Ngokuba uNkulunkulu wake u ya m hlakahlisa ngesiko, a m fundise. 27 Ngokuba amafitshizi ka bhulwa ngesibhulo esi bukali, isondo lengqukumbane ka li pendulwa pezu kwekumini; kodwa amafitshizi a tintitwa ngodondolo nekumini ngenduku. 28 Amabele esinkwa a ya colisiswa; ngoba ka yi kuwabhula njalo: noma isondo lengqukumbane yake namahashi ake e wa hlakaza, ka wa colisisi. 29 Loku-ke ku vela ku Jehova wamabandhla, omasu amangalisayo, okuhlakanipa ku kulu.

29 We, Ariyeli, Ariyeli, umuzi a ngenisa kuwo uDavida! yengezelani umnyaka emnyakeni; ma i loku i fike njalo imikosi: 2 kona ngi ya kulixina iAriyeli, ku be kona ukububula nembubuzi; li za kuba njenge-Ariyeli kimi. 3 Ngi ya kukupakela

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

impi ngi ku ti gimbici, ngi ku vimbezele ngamabuto ahleliweyo, ngi mise nga kuwe izinqaba. 4 U ya kutotshiswa, u kulume u semhlabatini, inkulumo yako i fole otulini; izwi lako li be njeng'o nomlozikazana li puma emhlabatini, inkulumo yako i shaye imilozi otulini.

5 Kodwa isixuku sezita zako si ya kuba ngangamagciwane, isixuku saba shayisa uvalo si be ngangamakoba apepukayo: yebo, ku ya kuzuma ngokupazima kweso. 6 U ya kuhanjelwa uJehova wamabandhla ngokuduma, na ngokuzamazama kwomhlaba na ngomsindo omkulu, ngesivunguvungu, na ngesipepo, na ngelangabi lomlilo odhlayo. 7 Isixuku sezizwe zonke ezi hlasela iAriyeli, bonke aba hlasela lona nezinqaba zalo, nabalixinayo, ba ya kuba njengepupo, njengombono wa sebusuku. 8 Ko ba njengokupupa kwomuntu olambileyo, e ti u ya dhla; kanti e se papama umpefumulo wake u se nepango: njengowomileyo e pupa e ti u ya puza; kanti e se papama, u yetile, inhliziyo yake i nomnkamunkamu: ko ba njalo kuso isixuku sezizwe zonke ezi hlasela intaba iZiyon.

9 Zindelani ni mangale; zitotoseni ni puputeke: ba dakiwe bona, ku nge ngewayini; ba ya tengezela, ku nge ngopuzo olu namandhla. 10 Ngokuba uJehova u tulule pezu kwenu umoya wobutongo obunzima, u wa cimezisile amehlo enu, abaprofeti; izinhloko zenu, izimboni, u zi gubuzele. 11 Umbono wonke kinina se u njengamazwi encwadi e namateliswe ngopau, e nikwa o wazi incwadi ku tiwe, A ke u funde loku; a ti yena, A ngi namandhla, ngoba i namateliswe ngopau: 12 incwadi i nikwe yena o nga fundile ku tiwe, A ke u funde loku; a ti yena, A ngi siye o wazi incwadi mina.

13 Ya ti ke iNkosi, Ngokuba laba bantu ba sondela kimi be ngi dumisa ngomlomo wabo na ngezindebe nje, izinhliziyo zabo be zi dedisele kude nami, ukungesaba mina ku umyalo wabantu abawufundisiweyo nje; 14 ngakoke, bheka, ngi ya kwengeza ng'enze okumangalisayo pakati kwa laba bantu, okumangalisayo nesimangaliso; ukuhlakanipa kwabahlakanipileyo babo ku ya kububa, nokuqonda kwabaqondileyo babo ko sitezwa.

15 Maye bona aba siteza ku Jehova ngokujulileyo icebo labo, aba misebenzi yabo i sebumnyameni, aba ti, Ubani osibonayo, ubani osaziyo na? 16 Ni ya hlanekezela izinto! Umbumbi u ya kutiwa u ibumba yini; ukuze into eyenziweyo i ti ngoyenzileyo, Ka ng'enzanga; into ebunjiweyo i ti ngoyibumbileyo, A ka na ngqondo na?

17 Angiti ku se isikashana anduba iLebanon li penduke insimu evundileyo, insimu evundileyo i tiwe ihlati na? 18 Nga lolo suku izitulu zi ya kuzwa amazwi encwadi, amehlo ezimpumpute a bone esigayegayeni na sebumnyameni. 19 Abatobileyo ba ya kwandisa intokozo yabo ku Jehova, abampofu ku bantu b'etabe koNgcwele ka Israeli. 20 Ngokuba o shayisa uvalo u shafisiwe, nesitekuli si ya pela, nabo bonke aba zulumba ububi ba nqunyiwe; 21 ab'onisa umuntu endabeni, ba m tiye osolayo esangweni, ba cezukise olungileyo ngento e yize nje.

22 Ngakoke uJehova owa hlenga uAbraham u ti ngendhlu ka Jakobe: UJakobe a ka sa yi kujaba manje, ubuso bake a bu sa yi kupapateka. 23 Kodwa lapo se e bona abantwana bake, umsebenzi wezandhla zami, ngapakati kwake, ba ya kungcwelisa igama lami; yebo, ba ya kungcwelisa oNgcwele ka Jakobe, ba be novalo ngoNkulunkulu ka Israeli. 24 Ab'eduka emoyeni wabo ba ya kwazi ukuqonda, abakononayo ba ya kufundiswa.

30 Maye abantwana abahlubukayo, u sho uJehova, ab'enza icebo ku nge silo elami; ab'enza isivumelwano, ku nge siso esoMoya wami, ukuze b'engeze isono esonweni; 2 aba hamba ukwehlela Egipite, be

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nga buzanga kowami umlomo; ukuba ba ziqinise emandhleni ka Faro, ba pepele emtunzini wa sEgipite! 3 Ngakoke amandhla ka Faro a ya kubanga izinhloni kini, ukupepela emtunzini wa sEgipite ku be ihlazo lenu. 4 Ngokuba izikulu zabo zi seZoan, amanxusa abo a fikile eHanes. 5 Ba ya kujaba bonke ngenxa yabantu aba nge na kuzuza luto ngabo, aba nge lusizo na nzuzo, ba banga izinhloni nehlazo.

6 Udaba ngezilwane za seningizimu.

Ba nqamula izwe losizi nokuxineka, lapo ku puma kona ibubesikazi nebubesi, imamba nenyoka e nobuhlungu obushisayo endizayo, be twala imfuyo yabo emihlana ezimbongolo ezintsha, nengcebo yabo pezu kwamalunda amakamelo, ba ku yise ku bantu aba nga yi kubapeleka. 7 Ngokuba iGipite li siza ngoku yize, na ngoku nga pele mkuba: ngako ngi li bize ngokuti iRahabi eli hlezi li tule.

8 Hamba manje, u ku lobe ngapambi kwabo esibhebheni, u ku bhale encwadini, ku be okwezinsuku ezizayo ku ze ku be nini na nini. 9 Ngoba ba ngabantu abahlubukayo, abantwana bamanga, abantwana aba nga vumi ukuzwa umteto ka Jehova; 10 aba ti kuzo izimboni, Ma ni nga boni; na ku baprofeti, Ma ni nga profeti kiti okute ngqe, kulumani kitina okwokuncayisa, ni profete inkohliso, 11 pambukani endhleleni, ni cezuke ohambweni, ni m enze oNgcwele ka Israeli ukuba a kauke ngapambi kwetu. 12 Ngako u ti oNgcwele ka Israeli, Ngokuba ni delela leli zwi, n'etemba ukahlo nobugwegwe, ni ncike kuko; 13 ngakoke lobu bubi bu ya kuba kini njengendawo edilikayo e se za kuwa, ku vokomala odongeni olupakemeyo, ukuhlepuka kwalo ku zume ngokupazima kweso. 14 U ya kulupahlaza njengokupahlazwa kwegaba lombumbi, a lu coboze e nga haukeli; ukuze ku nga tolakali ezingcezwini zalo udengezi lokutata umlilo eziko, nokucakula amanzi emgodini.

15 Ngokuba ya ti iNkosi uJehova, oNgcwele ka Israeli, Ni ya kusindiswa ngokubuya na ngokupumula; amandhla enu a ya kuba sekuzoleni na sekwetembeni. Noko a ni vumanga: 16 kepa na ti, Qa, ngokuba si ya kubaleka ngamahashi; ngakoke no baleka: Si ya kukwela kwa nejubane; ngakoke bona abanilandelayo ba ya kuba nejubane. 17 Inkulungwane i ya kubaleka ngokukuza kwoyedwa; ngokukuza kwaba isihlanu ni ya kubaleka: ni ze ni sale njengesikonkwane esiqongweni sentaba, na njengeduku pezu kwegquma.

18 Ngako uJehova u ya kuhlalela ukuze a be nomusa kinina; ngakoke u ya kupakanyiswa ukuze a be nesihe kini: ngokuba uJehova u nguNkulunkulu owahlulela kahle; ba busisiwe bonke abamhlalelayo. 19 Ngokuba abantu ba ya kuhlala eZiyon eJerusalem; a u sa yi kukala futi; impela u ya kuba nomusa ku wena ngezwi lokumbongoza kwako; lapo e zwayo u ya kukupendula. 20 Noma iNkosi i ku nika isinkwa sonosizi namanzi obandezelweyo, noko abafundisi bako a ba sa yi kutukuswa, amehlo ako a ya kubona abafundisi bako; 21 izindhlebe zako zi ya kuzwa izwi ngasemva kwako, li ti, Nansi indhlela, hambani ngayo; lapo ni cezukela nga kwesokunene, na lapo ni cezukela nga kwesokohlo. 22 Ni ya kungcolisa ukunamekwa kwezitombe zesiliva zako ezibaziweyo, noqweqwana lwezitombe zako ezibunjiweyo zegolide: u ya kuzintshinga njengesibinco; u ya kuti kuzo, Suka lapa.

23 U ya kuyinika imvula imbeu yako, o ya kuhlwanyela ngayo emhlabatini; nesinkwa sokutela kwomhlabati, nawo wo vunda u tele kakulu. Nga lolo suku imfuyo yako i ya kuhxaba emadhlelweni amakulu; 24 izinkabi futi nezimbongolo ezintsha ezi lima umhlabati zi ya kudhla ukudhla okuyolileyo, okweliweyo ngefosholo na ngembenge. 25 Ku ya kuba kona pezu kwezintaba zonke ezipakemeyo, na pezu kwamagquma

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

NguJehova o nqoba iAsiriya. Li yize iEgipite. Inkosi elungileyo.

onke amade, imifula nemifulana yamanzi, ngosuku lokubulala okukulu, ekuweni kwemiboshongo. 26 Futi ukukanya kwenyanga ku ya kuba njengokukanya kwelanga, ukukanya kwelanga ku pindwe kakombisa njengokukanya kwezimini ezi isikombisa, ngosuku uJehova a bopa ngalo ukwapuka kwabantu bake, a polise umvimbo wokushaywa kwabo.

27 Bheka, igama li ka Jehova li vela kude, li vuta ngolaka lwake, li nzima ngomusi ofukukayo: umlomo wake u gcwele ukubhaha, ulimi lwake lu njengomlilo odhlayo; 28 ukupefumula kwake ku njengomfula okukulayo, u ze u finyelele na sentanyeni, ukuhlunga izizwe ngesihlungo sokububisa: itomu eledukisayo li ya kuba semihlatini yabantu. 29 Ni ya kuba nengoma njenga sebusuku lapo kwenziwa umkosi ongcwele; nentokozo yenhliziyo, njengohambayo e pete ivenge ukuya entabeni ka Jehova, eTsheni li ka Israeli. 30 UJehova u ya kuzwakalisa izwi lake elidumileyo, a bonakalise ukwehla kwengalo yake, nokudhloba kwolaka lwake, nelangabi lomlilo odhlayo, na ngesivunguvungu, na ngesipihli semvula, na ngesicoto. 31 Ngokuba ngezwi li ka Jehova umAsiriya u ya kupapateka; u ya kumshaya ngenduku yake. 32 Ko t'ukuba uJehova a beke kuye udondolo alumiselweyo a galele njalo, ku be ku shaywa izigubu nezinkoka; u ya kulwa nabo empini ngokunikina kwomkono wake. 33 Ngokuba iTofeta kade la hlelwa; yebo, li lungiselwe inkosi; u l'enze la jula la likulu; igoqo lalo li ngumlilo nezinkuni eziningi; ukupefumula ku ka Jehoa, njengomfula wesibabuli, ku ya li vutisa.

31 Maye bona ab'ehlela Egipite be funa usizo kona, b'encika emahashini, b'etemba ezinqolaneni zempi ngokuba ziningi, na kwabakwel'amahashi ngokuba be namandhla kakulu; be nga bheki koNgcwele ka Israeli, be nga funi uJehova! 2 Kepa naye u hlakanipile, u ya kuleta okubi, a nga buyisi amazwi ake, kodwa u ya kuvukela indhlu yababi nosizo lwabo ab'enza ububi. 3 Aba sEgipite ba ngabantu, a ba siye uNkulunkulu; amahashi abo a inyama, a siwo umoya; lapo uJehova elula isandhla sake, yena osizayo u ya kukubeka naye osizwayo a we, ba qedwe bonke kanyekanye.

4 Ngokuba uJehova u ti kimina, Njengengonyama nebhongo lengonyama li vungama pezu kwenyamazane yalo, uma abalusi abaningi be bizelwe ukulizingela, a li yi kupapateka ngezwi labo, li zitobe ngamaxokoxoko abo: ku njalo uJehova wamabandhla u ya kwehla ukuhlasela entabeni iZiyon na segqumeni lalo. 5 Njengezinyoni zi papa, ku njalo uJehova wamabandhla u ya kuvikela iJerusalem; u ya kulivikela a l'opule, u ya kudhlula a li hlangulise. 6 Buyelani kuye enimambukileyo ngokujulileyo, nina ba kwa Israeli. 7 Ngokuba nga lolo suku ba ya kulahla ilowo izitombe zake zesiliva, nezitombe zake zegolide, en'enzelwa zona izandhla zenu za ba isono. 8 UmAsiriya u ya kuwiswa inkemba e nge siyo eyendoda; inkemba e nge siyo eyabantu i mu dhle; u ya kubalekela inkemba, izinsizwa zake zi hxanyelwe umsebenzi. 9 Iwa lake li ya kudhlula ngenxa yokuba nenqe, izikulu zake zi papateke ngeduku, u sho uJehova, o mlilo wake u seZiyon, nesitando sake si seJerusalem.

32 Bheka, ku ya kuba kona inkosi e busa ngokulunga, izikulu zi buse ngokwahlulela. 2 Umuntu u ya kuba njengendawo yokucashela umoya, nendawo yokukosela nxa li na isipihli, njengemifula yamanzi ogwaduleni, njengomtunzi wedwala elikulu ezweni eliyetisayo. 3 Amehlo abo ababonayo a ka yi kutiwa name, izindhlebe zabo abezwayo zi ya kulalela. 4 Inhliziyo yepulukundhlu i ya kuqonda ukwazi, ulimi lwezingingingi lu kulume kahle ngokushesha. 5 A ku sa yi kushiwo ngesiwula ukuti si isizota, na ngeqonqela ukuti li ihla-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku xwayiswa abesifazana. Ko ba kona ukuzola emva kwokucitwa.

pahlapa. 6 Ngokuba isiwula si ya kukuluma ubuwula, inhliziyo yaso y'enze ububi, s'enze ubuxwala, si kulume okwedukileyo ngoJehova, s'enze ukuba u be nepango umpefumulo wolambileyo, s'enze ukuba ku sweleke okokupuzwa kowomileyo. 7 Izikali zeqonqela zimbi: li ceba ukwelelesa ukuba li bubise abatobileyo ngamazwi amanga, noma impabanga i kuluma oku yiko. 8 Kodwa isizota si ceba okuzotileyo; ngokuzotileyo si ya kuma.

9 Vukani, nina sifazana esitabayayo, ni zwe izwi lami; nina madodakazi anganakekeliyo, bekani indhlebe kuyo inkulumo yami. 10 Ezinsukwini ezi dhlula umnyaka ni ya kugedezeliswa, nina sifazana esinganakekeliyo; ngoba ku ya kuputa ukuvuna amavini, ukubuta ku nga fiki. 11 Tutumelani, nina sifazana esitabayayo; ni gedezele nina eninganakekeliyo; hlubulani ni be bunqunu, ni bince isibamba sendwangu yamasaka okalweni lwenu. 12 Ba ya kuzishaya emabeleni ngenxa yamasimu anxanelekileyo, nesivini esitelayo. 13 Ku ya kumila ezweni labantu bami ameva neminga; yebo, pezu kwezindhlu zonke zenjabulo emzini owetabayo. 14 Ngokuba izindhlu zobukosi zi ya kuhlangukwa; umuzi wabantu abaningi u shiywe; iganga nomboshongo ku be imihume ku ze ku be nini, injabulo yezimbongolo za sendhle, idhlelo lemihlambi; 15 si ze si telwe uMoya o vela pezulu, ihlane li be insimu evundileyo, insimu evundileyo i tiwe ihlati.

16 Ukwahlulela be se kwake ehlane; ukulunga ku hlale ensimini evundileyo. 17 Umsebenzi wokulunga u ya kuba ukutula; nempumelelo yokulunga i be ukuzola nokwetemba ku ze ku be nini. 18 Abantu bami ba ya kuhlala ekaya lokutula, na sezindhlini zokulondeka, na sekupumuleni kwokutabaya. 19 Kepa li ya kuwisa isicoto ekuweni kwehlati; umuzi u totshiselwe pansi caba. 20 Ni busisiwe nina aba hlwanyela nga semanzini onke, ab'alukisa izinyawo zenkomo nembongolo.

33 Maye wena oqotulayo, u nga qotulwanga wena; ombumbuluzayo, be nga mbumbuluzanga kuwe! Lapo u s'u kaulile ukuqotula u ya kuqotulwa nawe; na lapo u su yekile ukumbumbuluza, ba ya kumbumbuluza kuwe. 2 E Jehova, yiba nomusa kitina; si ku hlalele wena: yiba ingalo yetu insakavukela, osisindisayo esikatini sosizi. 3 Ngezwi lamaxokoxoko abantu ba baleka; ekupakameni kwako izizwe zi ya hlakazeka. 4 Impango yenu i ya kubutwa njengokubuta kwesicwangubane: njengokuqashaqasha kwezinkumbi abantu ba ya kuqashaqashela pezu kwayo. 5 UJehova u pakeme; ngoba u hlala pezulu: u gcwalise iZiyon ngokwahlulela na ngokulunga. 6 Ku ya kuba kona ukuqiniseka ngezikati zako, usindiso, nokuhlakanipa, nokwazi ku be kuningi: ukumesaba uJehova ku ingcebo yako.

7 Bheka, izigwebedhla zabo zi ya mbongoza endhle; amanxusa okutula a kala ngomunyu. 8 Imigwaqo yenile, isihambi si kaukile: isita s'apulile isivumelwano, si yi delele imizi a si kataleli muntu. 9 Izwe li ya lila, li wumile; iLebanon li yangazile li ya buna; iSharon li njengehlane; iBashan neKarmeli li vutulula amaqabunga. 10 Manje ngi ya kuvuka, u sho uJehova; manje ngo kuliswa; manje ngo pakama. 11 Ni ya kukulelwa utshani, ni zale izibi: ukupefumula kwenu ku umlilo o ya kunidhla. 12 Izizwe zi ya kuba njengokushiswa kwomcako, njengameva anqunyiweyo a baswa emlilweni.

13 Yizwani, nina eni kude, engikwenzileyo; nani eni seduze, vumani ubuqwaga bami. 14 Izoni eZiyon zi novalo; ukututumela ku bambe izixwala: Ubani kitina o nga hlala nomlilo odhlayo na? ubani kitina o nga hlala nokushisa okumiyo njalo na? 15 Yena o hamba ngokulunga, o kuluma ngobuqoto; o delela inzuzo yowamukayo, o tuntuta-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukubusa ku ka Jehova ngomusa. Ukutukutelela kwake izizwe.

izandhla zake ukuba a ng'amkeli umvuzo, o vimba izindhlebe zake ukuba zi ng'ezwa ngegazi, o cimeza amehlo ake ukuba a nga boni okubi: **16** yena u ya kuhlala pezulu; umboshongo wake opakemeyo u be senqabeni yamawa; isinkwa sake u ya kusipiwa; amanzi ake a hlale e kona. **17** Amehlo ako a ya kubona inkosi ebuhleni bayo: a ya kukangela izwe el'elulekela kude. **18** Inhliziyo yako i ya kuzindhla ngevuso i ti: Upi obalileyo, upi olinganisileyo intela? upi obalileyo imiboshongo? **19** A u yi kusibona isizwe esi isixwanguxwangu, isizwe esi lulimi lwaso lu julile o nge lu zwe, esi nkulumo ekwitizayo o nge yi qonde. **20** A u bheke iZiyon, umuzi wemikosi ya kiti: amehlo ako a ya kubona iJerusalem li ikaya lokutabaya, itente eli nga yi kututwa, eli zikonkwane zalo zi nga yi kusitshulwa na nini, nezintambo zalo zi nga yi kugqatshulwa neyodwa. **21** Ngoba uJehova u ya kuba nati kona edhhlondhlobele, endaweni yemifula nemilambo ebanzi, oku nga yi kuhanjwa kuyo ngezikebhe ezi namapini, nomkumbi omkulu u nga dhluli kuyo. **22** Ngokuba uJehova u ngumahluli wetu, uJehova u ngumenzi wemiteto yetu, uJehova u inkosi yetu: u ya kusisindisa yena. **23** Izintambo zako zi ya xega; be zi nge si qinise kahle isiqu sensika yazo, be zi nge na kweneka useili: konake kwabiwa impango enkulu; izinyonga za tuta impahla edhliweyo. **24** Owakileyo kona a ka yi kusho ukuti, Ngi ya gula: abantu aba hlala kona ba ya kutetelelwa ububi babo.

34 Sondelani, zizwe ni zwe; lalelani, nina bantu: ma u zwe umhlaba, nokugcwala kwawo; izwe, nako konke oku vela kulo. **2** Ngokuba uJehóva u tukutelele izizwe zonke, u futekela lonke ibandhla lazo: u zi shaye, wa zi bhuqa, u zi kapele ekubulaweni. **3** Ababuleweyo bazo ba ya kuntshingwa, ukunuka kwezidumbu zabo kwenyuke; izintaba zi ncibilike igazi labo. **4** Ibandhla lonke lezulu li ya kuncibilika, izulu li songwe njengomqulu; ibandhla lonke lalo li gangateke njengeqabunga li gangateka emvinini, na njengeqabunga elibunayo emkiwaneni. **5** Ngokuba inkemba yami i zitikile ezulwini: bheka, i ya kwehlela pezu kweEdom na pezu kwabantu engi b'ahlukanisele ngokubalokotela yahlulele. **6** Inkemba ka Jehova i gcwele igazi, i kulupele ngamanoni, ngegazi lezimvana nelezimbuzi, ngamanoni ezinso zezinqama; ngokuba uJehova u nomhlatshelo eBozra, nokubulala okukulu ezweni la kwa Edom. **7** Izinyati zi ya kuwa nazo, kanye namaduna nezinkunzi: izwe labo li ya kuzitika ngegazi, notuli lwabo lu kulupaliswe ngamanoni.

8 Ngokuba uJehova u nalo usuku lokupindisela, umnyaka wokubuyisela ngendaba yeZiyon. **9** Imifula ya kwa Edom i ya kupenduka i be itiye, utuli lwalo lu ya kuba isibabuli, izwe lalo li be itiye elivutayo. **10** A li yi kucinywa ebusuku na semini; umusi walo u ya kwenyuka ku ze ku be nini; izizukulwane ngezizukulwane li ya kuhlala li izwekufa; ku nga dabuli muntu kulo ku ze ku be nini na nini. **11** Kepa li ya kuba ifa lewonde nelenungu; isikova negwababa ku ya kuhlala kulo: u ya kwelula pezu kwalo intambo ya kwa ncitakalo, nomtofu wokumisa ngokuti twi wa kwa 'buze. **12** Ba ya kubizela abanumzana balo embusweni, ba nga biko kona; izikulu zalo zonke zi ya kuba ingingqi. **13** Utatawe lu ya kuhluma ezindhlini zalo zobukosi, imbati nekakasi ezinqabeni zalo; li ya kuba ikaya lamakanka, igceke lezintshe. **14** Izilwane zehlane zi ya kuhlangana nezincuke, imbuzi ya sendhle i kalelane nomngane wayo; yebo, idelabutongo li ya kuhlala kona, li zifumanele indawo yokupumula. **15** Umantshingeyana u ya kwenza isidhleke sake kona, a zalele, a camusele, a butele amazinyane pansi kwomtunzi wake; yebo, ba ya kubutana kona omvumvuyana, ku be ilowo nomngane wake.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Inhlalakahle ezayo yeZiyon.

16 Funani encwadini ka Jehova,
ni funde: a siko na sinye ku lezi esi
ya kusilala, a siko esi ya kuswela
umngane waso; ngoba umlomo wami
u yalile, uMoya wake u zi butile.
17 U z'enzele inkato, isandhla sake
zi z'abele ngentambo: zi ya kul'aka
ku ze ku be nini; zi hlale kulo izizu-
kulwane ngezizukulwane.

35 Ku ya kujabula ihlane no-
gwadule; uqwatule lu ya kwe-
taba, lu kahlele njengentebe. 2 Lu
ya kukahlela kakulu, lwetabe, yebo
ngokwetaba na ngokwenanela; lu ya
kunikwa udumo lweLebanon, ubu-
kosi beKarmeli nobeSharon: lu bone
udumo lu ka Jehova, nobukosi bu ka
Nkulunkulu wetu.

3 Qinisani izandhla ezi butaka-
taka, ni simamise amadolo axege-
zelayo. 4 Yitini kwaba nhliziyo
epakazelayo, Qinani, ni ng'esabi:
bhekani, uNkulunkulu wenu u ya
kuza ngokupindisela, e nomvuzo ka
Nkulunkulu; u ya kuza a ni sindise.

5 Konake amehlo ezimpumpute a
ya kuvulwa, izindhlebe zezitulu zi
vulwe. 6 Konake unyonga lu ya
kutshekula njengendhluzele, ulimi
lwesimungulu lwenanele; ngokuba
amanzi a ya kuboboka ehlane nemi-
fula oqwatuleni. 7 Isihlabati esibe-
ngezelayo si ya kuba isiziba, isiga-
gadu si be imitombo yamanzi: enda-
weni yamakanka, lapa e butisa kona,
ku ya kuba kona utshani nomhlanga
nekwani. 8 Ku ya kuba kona
umgwaqo, nendhlela; i ya kutiwa
Indhlela Yobungcwele; abangcolile-
yo a ba yi kudhlula ngayo; i ya kuba
eyabahlengiweyo: izihambi, yebo, izi-
pukupuku a zi yi kweduka kuyo. 9
A ku yi kubako ngonyama kona, nesi-
lwane esihahayo a si yi kwenyukela
kuyo; a zi yi kufunyanwa kona;
abahlengiweyo ba ya kuhamba kona:
10 abahlaulelweyo ba ka Jehova ba
ya kubuya, b'eze eZiyon b'enanela;
ukutokoza okumiyo njalo ku be pezu
kwamakanda abo: ba ya kufumana
ukujabula nokutokoza, ku baleke
usizi nokukala.

USenakeribe u ngenela iJuda.

36 Kwa ti ngomnyaka weshumi
nane wenkosi uHezekiya, uSe-
nakeribe inkosi ya seAsiriya w'enyu-
ka e hlasela imizi yonke ebiyelweyo
ya kwa Juda, wa yi dhla. 2 Inkosi
ya seAsiriya ya tuma uRabeshake
eLakishe ukuya eJerusalem enkosini
uHezekiya e nempi enkulu. W'ema
nga semseleni wecibi eli nga senhla
emgwaqweni wensimu yomhlanzi we-
zingubo. 3 Wa s'e pumela kuye
uEliyakim ka Hilekiya, owa e pete
abendhlu, noShebena umbhali, no-
Jowa ka Asafu umlobi wezindaba.

4 URabeshake wa ti kubo, Ni ze
ni ti ku Hezekiya, I ti inkosi enkulu,
inkosi ya seAsiriya, Itemba lini leli
oletembayo na? 5 Ngi ti icebo lako
nobuqwaga bokulwa bu ngamazwi a
ize nje: wetemba bani po, ukuba u
hlubuke kimi na? 6 Bhekake, wete-
mba odondolweni lwa lolu hlanga olu-
fahlazekileyo, iEgipite, oku ya kuti
uma umuntu e simelela ngalo, lu nge-
ne esandhleni sake, lu si hlabe: u
njaloke uFaro inkosi ya sEgipite
kubo bonke abametembayo. 7 Kepa
uma u ti kimi, Si y'etemba ku Jehova
uNkulunkulu wetu: a siye lo o zi-
ndawo zake ezipakemeyo namalati
ake awasusileyo uHezekiya, wa ti ku
Juda na kulo iJerusalem, A no kuleka
pambi kwa leli lati na? 8 Kalokuke,
a ke u nike pela inkosi yami, inkosi
ya seAsiriya, izibambiso, ngi ya ku-
kunika amahashi a izinkulungwane
ezimbili, uma u namandhla ngokwa-
ko ukubeka abakweli kuwo. 9 Poke,
u nga pindelisela emva kanjani indu-
na inye ezincekwini ezincane zenkosi
yami, wetembela Egipite ngezinqo-
lana zempi nabakwel'amahashi na?
10 Ng'enyukile yini ngapandhle ku
ka Jehova ukuba ngi hlasele leli izwe
ngi li cite na? UJehova u te kimi, Ye-
nyuka u hlasele leli zwe, u li cite.

11 Wa e se ti uEliyakim noShe-
bena noJowa ku Rabeshake, A ke u
kulume ezincekwini zako ngolimi lwa
seSiriya; ngoba si ya lu zwa, tina: u
nga kulumi kiti ngolimi lwabaJuda
ezindhlebeni zabantu aba sogangeni.
12 Kepa uRabeshake wa ti, Inkosi

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Inshumayelo ka Rabeshake. UHezekiya wesaba u biza uIsaya.

yami i ngi tumele enkosini yako na kuwe, ukuba ngi kulume lawa mazwi yini na? a i ngi tumanga yini ku lawa madoda a hlezi ogangeni, ukuba a dhle indhle yawo a puze umshobingo wawo kanye nani na?

13 Wa s'e ma uRabeshake, wa memeza ngezwi elikulu ngolimi lwabaJuda, wa ti, Yizwani amazwi enkosi enkulu, inkosi ya seAsiriya. **14** I ti inkosi, Ma ni nga kohliswa uHezekiya; ngokuba a ka yi kuba namandhla okunopula: **15** futi uHezekiya ma ka nga n'enzi ni tembe ku Jehova, e ti, UJehova u ya kusopula nokusopula; lo muzi a u yi kukashelwa esandhleni senkosi ya seAsiriya. **16** Ni nga m laleli uHezekiya: ngokuba inkosi ya seAsiriya i ti, Vumelanani nami, ni pume ni ze kimi; ni dhle nonke ku be ilowo emvinini wake, na lowo emkiwaneni wake, ni puze ku be ilowo amanzi omgodi wake; **17** ngi ze ngi fike ngi ni yise ezweni eli njengezwe lenu, izwe lamabele newayini, izwe lesinkwa nezivini. **18** Xwayani funa uHezekiya a ni wote ngokuti, UJehova u ya kusopula. Imbala u kona noyedwa yini wa onkulunkulu bezizwe owa ke w'opula izwe lake esandhleni senkosi ya seAsiriya na? **19** Bapi onkulunkulu ba seHamati naba seArpadi? bapi onkulunkulu ba seSefarvayim? imbala ba l'opula iSamariya esandhleni sami na? **20** Obani pakati kwa onkulunkulu bonke ba lawa mazwe ab'opule izwe labo esandhleni sami na? ukuba uJehova opule iJerusalem esandhleni sami.

21 Ba tula nje, a ba ze ba m pendula ngazwi; ngokuba umyalo wenkosi wa u tize, Ni ze ni nga m penduli. **22** Wa s'e fika uEliyakim ka Hilekiya, owa e pete abendhlu, noShebena umbhali, noJowa ka Asafu umlobi wezindaba, ku Hezekiya be zi hxebulile izingubo zabo, ba m tshela amazwi ka Rabeshake.

37 Wa ti uHezekiya inkosi ukuzwa loku, wa hxebula izingubo zake, wa z'embesa ngendwangu yamasaka, wa ngena endhlini ka Jehova. **2** Wa tuma uEliyakim, owa e pete abendhlu, noShebena umbhali namalunga abapristi be z'embese ngendwangu yamasaka, ba ya ku mprofeti uIsaya ka Amozi. **3** Ba ti kuye, U ti uHezekiya, Namhla ngusuku losizi, nolokusolwa, nolokudelelwa; ngoba abantwana ba fikile esizalweni, kepa a wako amandhla okubeleta. **4** Kungabe uJehova uNkulunkulu wako u ya kuzwa amazwi ka Rabeshake, o tunywe inkosi ya seAsiriya, inkosi yake, ukuba a cape ngenhlamba uNkulunkulu opilayo, a wa sole amazwi awezwileyo uJehova uNkulunkulu wako: ngakoke pakamisela imitonsela eseleyo umtandazo wako.

5 Izinceku zenkosi uHezekiya za fikake ku Isaya. **6** UIsaya wa ti kuzo, A no ti enkosini yenu, U ti uJehova, U nga w'esabi amazwi owezwileyo, abafana benkosi ya seAsiriya aba ngi hlambalaze ngawo. **7** Bhekake, ngi ya kufaka umoya kuyo, i zwe amahemuhemu, i buyele ezweni layo; ngi ya kwenza ukuba i wiswe ngenkemba ezweni layo.

8 URabeshake wa buyake, wa fumana inkosi ya seAsiriya i lwa neLibena; ngokuba wa e zwile ukuba i si sukile eLakishe. **9** Y'ezwa ku tiwa ngoTirehaka inkosi ya sEtiyopiya, U pumile ukulwa nawe. Wa ti ukuzwa loko wa tuma izigijimi ku Hezekiya, e ti, **10** A no kuluma ku Hezekiya inkosi ya kwa Juda, ni ti, Ma u nga kohliswa uNkulunkulu wako ometembayo, nxa e ti, IJerusalem a li yi kukashelwa esandhleni senkosi ya seAsiriya. **11** Bhekake, u zwile okwenziwe amakosi a seAsiriya kuwo onke amazwe ngokuwashaya a wa bhuqe: po u ya kwopulwa wena na? **12** Onkulunkulu bezizwe ba z'opulile yini ezi bujiswe obaba na, iGozan, neHaran, neRezefi, naba kwa Eden aba be seTalasare na? **13** Ipi inkosi ya seHamati, nenkosi ya seArpadi, nenkosi yomuzi wa seSefarvayim, neHena neIva na?

14 UHezekiya w'amkela incwadi esandhleni sezigijimi, wa yi funda; uHezekiya w'enyukela endhlini ka

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umtandazo ka Hezekiya. USenakeribe u citwa, a bulawe.

Jehova, wa y'eneka pambi ku ka Jehova. **15** UHezekiya wa tandaza ku Jehova e ti, **16** E Jehova wamabandhla, Nkulunkulu ka Israeli, o hlezi pezu kwamakerubi, wena u nguNkulunkulu, wena wedwa wemibuso yonke yomhlaba; wenzile izulu nomhlaba. **17** Tobisa indhlebe yako, Jehova, u zwe; vula amehlo ako, Jehova, u bone; u zwe onke amazwi ka Senakeribe, o tume ukucapa ngenhlamba uNkulunkulu opilayo. **18** Iqiniso, Jehova, amakosi a seAsiriya enzile izwekufa onke amazwe nemihlabati yawo, **19** a ponsile onkulunkulu bawo emlilweni: ngokuba ba be nge sibo onkulunkulu, ba be umsebenzi wezandhla zabantu, imiti namatshe; ngako a ba bubisile. **20** Manjeke, Jehova Nkulunkulu wetu, ma u si sindise esandhleni sake, ukuze yonke imibuso yomhlaba yazi ukuba wena u nguJehova, wena wedwa.

21 UIsaya ka Amozi wa s'e tumela ku Hezekiya e ti, U ti uJehova, uNkulunkulu ka Israeli, Njengaloku u tandaze kimi ngoSenakeribe inkosi ya seAsiriya, **22** nanti izwi uJehova a li kulume ngaye, lokuti: Intombi indodakazi ya seZiyon i ku delele, ya ku hleka usulu; indodakazi ya seJerusalem i ku nqakuzele ikanda. **23** Ubani o m cape ngenhlamba, wa m hlambalaza na? ubani o m pakamisele izwi lako, wa m pakamisela pezulu amehlo na? NgoNgcwele ka Israeli. **24** U cape ngenhlamba iNkosi ngezinceku zako, wa ti, Ngobuningi bezinqolana zami ng'enyukele ekupakameni kwezintaba, pakati neLebanon; ngi ya kugaula imisedare yalo emide, nemifire eketekileyo yalo; ngi ya kungena empakameni yalo e semikaulweni, ihlati lensimu yalo evundileyo; **25** ngi mbile, nga puza amanzi; ngezinyawo zami ngi ya kwomisa imifula yonke ya sEgipite.

26 A u zwanga yini ukuba kade nga kwenza loku, nga ku bumba endulo? kaloku ngi ku fezile, ukuba wena u cite imizi ebiyelweyo, i be izingqumbingqumbi. **27** Ngakoke abakileyo kuyo ba be namandhla a ingcozana, ba papateka ba jaba; ba be njengotshani ba sendhle, njengemishana eluhlaza, njengotshani obu sopahleni lwezindhlu, njengensimu yamabele e nga ka kuli. **28** Kepa ngi y'azi ukuhlala kwako, nokupuma kwako, nokungena kwako, nokungivevela kwako. **29** Ngenxa yokungivevela kwako, na ngokuba ukuzigqaba kwako kwenyukele ezindhlebeni zami, ngakoke ngi ya kufaka ingwegwe yami ekaleni lako, netomu lami ezindebeni zomlomo wako, ngi ku buyise ngendhlela o ze ngayo.

30 Loku ku ya kuba isibonakaliso kuwe: nonyaka ni za kudhla amakikizela, ngomnyaka wesibili ni dhle isihlabane sawo; ngomnyaka wesitatu hlwanyelani, ni vune, ni tshale izivini, ni dhle izitelo zazo. **31** Abasindileyo bendhlu ya kwa Juda abaseleyo ba ya kubuya ba gxile pansi, ba tele izitelo pezulu. **32** Ngokuba ku ya kupuma eJerusalem insali, naba ya kusinda entabeni iZiyon. Ukushiseka ku ka Jehova wamabandhla ku ya kufeza loku.

33 Ngakoke u ti uJehova ngayo inkosi ya seAsiriya, A i yi kuza ku lo muzi, ka i yi kuponsa mcibisholo kona, ka i yi kuza pambi kwawo nesihlangu, ka i yi kunqwabela iduli lokulwa nawo. **34** Ngendhlela e ze ngayo, i ya kubuya ngayo, ka i yi kufika ku lo muzi, u sho uJehova. **35** Ngoba ngi ya kuvikela lo muzi ngi wu sindise ngenxa yami, na ngenxa ka Davida inceku yami.

36 Ingelosi ka Jehova ya puma ya bulala ekamu lamaAsiriya izinkulungwane ezi ikulu namashumi a isishiyangalombili nesihlanu; kwa ti se ku vukwa kusasa, bheka, bonke laba ba be izidumbu ezifileyo. **37** USenakeribe inkosi ya seAsiriya w'emukake wa hamba, wa buyela emva, wa hlala eNineve. **38** Kwa ti, e sa kuleka endhlini ka Niseroki unkulunkulu wake, uAdrameleki noSharezere amadodana ake ba m gela ngenkemba; ba balekela ezweni la se-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukugula nokupuluka ku ka Hezekiya. Ihubo lake.

Ararati. UEsare-hadon indodana yake wa busa esikundhleni sake.

38 Nga lezo zinsuku uHezekiya wa e gula e pansi kwokufa. Umprofeti uIsaya ka Amozi wa ya kuye, wa ti kuye, U ti uJehova, Yalela indhlu yako; ngokuba u za kufa, a u yi kupila. 2 UHezekiya wa s'e pendulela ubuso bake odongeni, wa tandaza ku Jehova, 3 wa ti, E Jehova, a ke u kumbule pela ukuhamba kwami pambi kwako ngeqiniso na ngenhliziyo epeleleyo, ng'enze okulungileyo emehlweni ako. Wa s'e kala uHezekiya ngokukala okukulu. 4 La se li fika izwi li ka Jehova ku Isaya, li ti, 5 Hamba, u ti ku Hezekiya, U ti uJehova, uNkulunkulu ka Davida uyihlo, Ngi zwile umtandazo wako, ngi bonile izinyembezi zako: bheka, ngi za kwengezelela ezinsukwini zako iminyaka e ishumi nesihlanu. 6 Ngi ya kukopula wena na lo muzi esandhleni senkosi ya se-Asiriya; ngi ya kuwuvikela lo muzi. 7 Loku ku ya kuba isibonakaliso kuwe esi vela ku Jehova, sokuti uJehova u ya kwenza le nto ayikulumileyo: 8 bheka, ngi ya kubuyisela emva isitunzi ezinyatelweni, e se s'ehlile esilinganisweni selanga si ka Ahazi ngokuhamba kwelanga, ngezinyatelo ezi ishumi. Ilanga la buyelake ngezinyatelo ezi ishumi esilinganisweni ela se l'ehle kuso.

9 Ukuloba ku ka Hezekiya inkosi ya kwa Juda, lapo wa e kade e gula, wa puluka ekuguleni kwake.

10 Nga ti, Ngi se mgamu nje emihleni yami ngi ya kuya emasangweni eSheoli:
Ng'amukiwe inxenye yeminyaka yami.
11 Nga ti, A ngi yi kubona uJehova, yena uJehova, ezweni labapilayo:
A ngi sa yi kubona muntu ngi kanye nabakileyo bezwe.
12 Idokodo lami li gudhluziwe, li susiwe kimi njengetente lomalusi:
Ngi songile ukupila kwami njengomaluki; u ya kunginquma esalukweni:
Ku qale emini ku ze ku be sebusuku u ya kungiqeda.
13 Nga zizolisa kwa ze kwa sa; u y'apula amatambo onke ami njengengonyama:
Ku qale emini ku ze ku be sebusuku u ya kungiqeda.
14 Nga tsekeza njengenkonjane na njengendwa;
Be ngi lilisela okwejuba; amehlo ami a pel'amandhla ngokubheka pezulu:
Au Jehova, ngi petwe ngokahlo, ma u ngi melele.
15 Ngi ya kutini na? u kulumile kimi, futi u kwenzile yena:
Ngi ya kucatula yonke iminyaka yami ngomunyu wenhliziyo yami.
16 Au Nkosi, abantu ba pila nga lezi zinto;
Ku kuzo kupela ukupila kwomoya wami:
Ngakoke ngi lulamise, u ngi pilise.
17 Bheka, nga ba nomunyu omkulu ukuze ngi be nokutula:
Wena ngoba inhliziyo yako i te ncasha ku mpefumulo wami u wu kipile egebeni lokwonakala;
Ngokuba u lahle nyovane zonke izono zami.
18 Ngokuba iSheoli li nge ze la ku bonga, ukufa ku nge ku dumise:
Ab'ehlela emgodini ba nge bheke iqiniso lako.
19 Opilayo, opilayo, uyena o ya kukubonga, njengaloku ng'enzayo namhla:
Uyise u ya kwazisa abantwana bake iqiniso lako.
20 UJehova u lungele ukungisindisa:
Ngakoke si ya kuhlabelela izingoma zami ngezingubu ezi nezintambo
Endhlini ka Jehova yonke imihla yokuhamba kwetu.

21 UIsaya wa e tize, Ma ba tabate isigaxa samakiwane, ba si beke etumbeni, kona u ya kupuluka. 22 UHezekiya futi wa e tize, Si yini isibonakaliso sokuba ngi ya kwenyukela endhlini ka Jehova?

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izitunywa za seBabulon.

39 Nga leso sikati uMerodakibaladan ka Baladan inkosi ya seBabulon, wa tuma izincwadi nesipo ku Hezekiya; ngokuba wa be zwile ukuti kade e gula, u se simamile. 2 UHezekiya wa tokoza ngabo, wa ba bonisa indhlu yamagugu ake, isiliva, negolide, namaka, namafuta anqabileyo, nenyango yonke yezikali zake, nako konke okwa funyaniswa engcebweni yake: kwa ku ngeko nto endhlini yake, na sembusweni wonke wake uHezekiya a nga ba bonisanga yona. 3 Kwa se ku fika uIsaya umprofeti ku Hezekiya inkosi, wa ti kuye, Laba bantu ba tizeni na? be b'eze kuwe nje ba velapi na? Wa ti uHezekiya, B'eze kimi be vela ezweni eli kude, kona le eBabulon. 4 Wa e se ti, Ba boneni endhlini yako na? UHezekiya wa ti, Konke oku sendhlini yami ba ku bonile: a kuko nto engcebweni yami engi nga ba bonisanga yona. 5 Wa e se ti uIsaya ku Hezekiya, Yizwa izwi li ka Jehova wamabandhla: 6 Bheka, zi y'eza izinsuku lapo konke oku sendhlini yako, nako okubekelelweyo oyihlo ku ze ku be namhla, ku ya kututelwa eBabulon: a ku yi kusala luto, u sho uJehova. 7 Na semadodaneni ako a ya kupuma kuwe, o ya kuwazala, ba ya kutata; a ya kuba abatenwa endhlini yobukosi yenkosi ya seBabulon. 8 Wa e se ti uHezekiya ku Isaya, Lihle izwi li ka Jehova olikulumileyo. Wa ti futi, Ngoba ku ya kuba kona ukutula neqiniso ezinsukwini zami.

Izitembiso eziduduzayo.

40 Duduzani, duduzani abantu bami, u sho uNkulunkulu wenu. 2 Kulumani enhliziyweni yalo iJerusalem, ni memeze kulo ni ti, ukunyikanyikeka kwalo ku fezekile, bu tetelelwe ububi balo, l'amkele esandhleni si ka Jehova okupindiweyo ngezono zalo zonke.

3 Izwi lomemezayo lokuti, Lungisani ehlane indhlela ka Jehova; hlelembani oqwatuleni umgwaqo ka Nkulunkulu wetu. 4 Imihosha yonke i ya kufukulwa, izintaba zonke namagquma onke ku ya kuti ta; izihoqohoqo zi ya kuhlelenjwa, nemigoxigoxi yenziwe amatafa: 5 ubukosi bu ka Jehova bu ya kwambulwa, i bu bone kanyekanye inyama yonke; ngokuba umlomo ka Jehova u ku kulumile.

6 Izwi loshoyo ukuti, Memeza. Kwa tiwa, Ngi ya kumemeza ngi tini na? Inyama yonke i utshani, ubuhle bonke bayo bu njengembali ya sendhle. 7 Utshani bu yoma, imbali i ya buna, ngokuba ukupefumula ku ka Jehova ku ya pepeta pezu kwayo; impela abantu ba utshani. 8 Utshani bu yoma, imbali i ya buna; kepa izwi li ka Nkulunkulu wetu li ya kuma ku ze ku be nini.

9 Wena o shumayela izindaba ezinhle kulo iZiyon, yenyukela entabeni ende; wena o shumayela izindaba ezinhle eJerusalem, pakamisa izwi lako ngamandhla; u li pakamise, u ng'esabi; yiti kuyo imizi ya kwa Juda, Nangu uNkulunkulu wenu! 10 Bhekani, iNkosi uJehova u ya kuza e namandhla, ingalo yake i m busele: Bhekani, umvuzo wake u kuye, inkokelo yake i pambi kwake. 11 U ya kwalusa umhlambi wake njengomalusi, a qoqe izimvana ngomkono wake, a zi gone esifubeni sake, a seseze ezi izindhlezane.

12 Ubani o linganise amanzi entendeni yesandhla sake, o linganise izulu ngokwelulwa kweminwe, o kongozele ututi lomhlaba ngendinganiso, o linganise izintaba ngezikalo, namagquma ngezilinganiso? 13 Ubani owa qondisa umoya ka Jehova, nokuba e umluleki wake wa m fundisa na? 14 Wa lulekana nobani, ubani owa m qondisa, wa m fundisa ohambweni lokwahlulela, wa m fundisa ukwazi, wa m azisa indhlela yokuqonda na? 15 Bheka, izizwe zi njengetonsi embizeni, zi shaywa uncwambu lwesilinganiso: bheka, u ya nqukula iziqingi njengamagciwane. 16 ILebanon a l'anele ukubaswa, nezilwane zalo a z'anele ukuba umnikelo oshiswayo. 17 Zonke izizwe zi

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

njengeze pambi kwake; u zi shaya ingingqi noku ize.

18 Ni ya kumfanisa nobani uNkulunkulu na? ni ya kumlinganisa na mupi umfanekiso? 19 Isitombe si bunjwe inyanga, umkandi wegolide u ya si faka igolide, a si ncibilikisele amaketanga esiliva. 20 Yena ompofu kakulu ukuba a nikele umnikelo onje u keta umuti ongaboliyo; a zifunele inyanga ehlakanipileyo ukumisa isitombe esibaziweyo, esi nga yi kunyakaziswa. 21 A n'azi yini? a ni zwanga yini na? a ni tshelwanga kwa sekuqaleni yini na? a ni qondanga seloku kwa bekwa izisekelo zomhlaba na? 22 Ku nguye o hlezi pezu kwesiyinge somhlaba, abakileyo kuwo ba njengezintete; o weneka amazulu njengesisitezo, a wa nwebe njengetente ukuba ku hlalwe kulo; 23 o wenza izikulu zi nga bi into ya luto; no wenza abahluli bomhlaba ba be ize. 24 Yebo, ka ba tshalwanga; yebo, ka ba hlwanyelwanga; yebo, isiqu sabo a si gxilanga emhlabatini: futi u ya pepeta pezu kwabo, ba bune, umoya wesipepo u ba pepule njengezibi. 25 Po, ni ya kungifanisa nobani, ukuze ngi be ngangaye na? ku sho oNgcwele. 26 Pakamiselani amehlo enu pezulu, ni bone o dale loku, o kipa ibandhla lako ngomumo; u ya ku biza konke ngamagama; ngenxa yobukulu bezikwepa zake, na ngokuba u qinile emandhleni, a ku silali noku kodwa.

27 U sholoni wena, Jakobe, u kulumelani wena Israeli ukuti, Indhlela yami i sitekile ku Jehova, ilungelo lami li mukile ku Nkulunkulu wami na? 28 A wazi yini? a u zwanga yini na? UNkulunkulu omiyo njalo, uJehova, umdali wemikaulo yomhlaba, ka yeti, ka katali; a ku na kupendhlwa ukuqonda kwake. 29 U ya mu pa oyetileyo amandhla; u y'andisa amandhla kuye o nge na zikwepa. 30 Ikaba nalo li ya kuyeta li katale, izinsizwa zi we nokuwa: 31 kepa bona aba hlalela uJehova ba ya kuhlaziyeka amandhla abo; ba ya kwenyuka ngamapiko njengezinkozi; ba ya kugijima ba nga katali; ba hambe, ba nga yeti.

41 Tulani pambi kwami, nina ziqingi; izizwe ma zi hlaziyeke amandhla azo: ma zi sondele; ma zi kulume; ma si sondele kanyekanye ekwahluleleni. 2 Ubani o vuse o vela empumalanga, a m bize ngokulunga e ze nga sonyaweni lwake? a m nike izizwe pambi kwake, a m enze a buse amakosi; u wa nikeza enkembeni yake e njengotuli, njengezibi ezipepetwayo emnsalweni wake. 3 U ya wa xosha, a dhlule kahle, na ngayo indhlela a nga hambanga ngayo ngezinyawo. 4 Ubani okusebenzileyo wa kwenza loku, e biza izizukulwane kwa sekuqaleni na? mina Jehova, o ngowokuqala no kanye nabokupela, ngi nguye. 5 Iziqingi zi bonile, z'esaba; imikaulo yomhlaba i ya tutumela; i ya sondela, i fike. 6 Ba sizana bonke ilowo umakelwane wake; ilowo u ti ku mfo wabo, Qina. 7 Umbazi u ya qinisa umkandi wegolide, o lolonga ngesando u qinisa o shaya isikandelo, e ti ngokunametelisa, Ku lungile; u ku qinisa ngezipikili ukuba ku nga nyakaziswa.

8 Kepa wena, Israeli, nceku yami, Jakobe, engimketileyo, nzalo ka Abraham otandiweyo wami, 9 wena engakubambayo emikaulweni yomhlaba, nga ku biza emagumbini awo, nga ti kuwe, U inceku yami, ngi ku ketile, a ngi ku lahlanga; 10 u ng'esabi, ngoba ngi nawe; u nga papateki ngokuba ngi nguNkulunkulu wako; ngo ku simamisa; yebo, ngo ku siza; yebo, ngo ku pasa ngesandhla sokunene sokulunga kwami. 11 Bheka, bonke aba tukutele ngawe ba ya kujaba ba hlaziswe: aba pikisana nawe ba ya kuba njengeze, ba bube. 12 U ya kubafuna, u nga ba fumani, bona aba xabana nawe: aba lwa nawe ba ya kuba njengeze, na njengengingqi. 13 Ngokuba mina Jehova uNkulunkulu wako ngo bamba isandhla sako sokunene, ngi ti kuwe, U ng'esabi; ngi ya kukusiza. 14 U

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izitombe a zi na lusizo njengoJehova. Inceku ka Jehova.

ng'esabi, wena mpetu, Jakobe, nani madoda a kwa Israeli; ngi ya kukusiza, u sho Jehova; uMhlengi wako u ngoNgcwele ka Israeli. **15** Bheka, ngi kwenzile u be isibhulo esisha esibukali esi namazinyo; u ya kubhula izintaba, u zi colisise, u w'enze amagquma a be amakoba. **16** U ya ku z'ela, zi peshulwe umoya, zi hlakazwe umoya wesipepo; wena u ya kwetaba ngoJehova, u zigabise ngoNgcwele ka Israeli.

17 Abampofu nezimpabanga zi funa amanzi, a wako, ulimi lwabo lu te geqe ukoma; mina, Jehova, ngi ya kubapendula, mina, Nkulunkulu ka Israeli a ngi yi kubashiya. **18** Ngi ya kuvula imifula emacekeni apakemeyo, nemitombo pakati kwezigodi; ngi ya kwenza ihlane li be isiziba samanzi, nomhlabati o ugwadule u be izipetu zamanzi. **19** Ngi ya kubeka ehlane umsedare, nesinqawe, nombomvane, nepahla; ngi beke oqwatuleni umfire, umtidhari, nomkoba kanyekanye: **20** ukuze ba bone, b'azi, ba ku beke enhliziyweni ba qonde kanyekanye, ukuba isandhla si ka Jehova si kwenzile loku, oNgcwele ka Israeli u ku dalile.

21 Sondezani indaba yenu, u sho uJehova; vezani izizatu zenu ezi namandhla, i sho iNkosi ka Jakobe. **22** Ma ba zi veze, ba si tshele oku ya kwehlakala: yishoni izinto za kuqala, uma zi yini, ukuba si zi beke enhliziyweni, s'azi ukupela kwazo; nokuba ni si zwise okuzayo. **23** Yishoni oku za kuza pambili, ukuba s'azi ukuba ni ngonkulunkulu: yebo, yenzani okuhle, nokuba okubi, ukuba si papateke, si ku bone kanyekanye. **24** Bhekani, ni yize, umsebenzi wenu a wu siwo wa luto; u icilo yena oniketayo.

25 Ngi vusile owa senyakato, u fikile; owa sempumalanga o teta igama lami: u ya kwehlela pezu kwezipatimandhla njenga sodakeni, njengombumbi o xova ibumba. **26** Ubani owakushoyo kwa sekuqaleni, ukuba si kwazi na? na sesikatini esidhlulileyo, ukuba si ti, U qinisile na? yebo, a kako okushoyo, yebo, a kako okuzwakalisayo, yebo, a kako ozwayo amazwi enu. **27** Ngi ngowokuqala o ti kulo iZiyon, Nazo, nazo; ngi ya kulinika iJerusalem umshumayeli wezindaba ezinhle. **28** Nxa ngi bheka, a kuko muntu; a kuko mluleki pakati kwabo o nga ngi pendula ngezwi, nxa ngi ba buzayo. **29** Bheka, ba yize bonke; imisebenzi yabo i ingingqi; izitombe zabo ezibunjiweyo zi umoya, a zi into ya luto.

42 Bheka, inceku yami engiyipasayo; oketiweyo wami, omenamelayo umpefumulo wami; ngi bekile uMoya wami pezu kwake; u ya kuvezela izizwe ukwahlulela. **2** A ka yi kumemeza, a ka yi kupakamisa izwi lake, a ka yi kulizwakalisa esitaladini. **3** Uhlanga olufecekileyo a ka yi kulwapula, impokwe yesibani efitizayo a ka yi kuyicima: u ya kuveza ukwahlulela ngeqiniso. **4** A ka yi kupel'amandhla, a zukeke, a ze a mise ukwahlulela emhlabeni; iziqingi zi ya kuhlalela umteto wake.

5 U ti uNkulunkulu uJehova, owa dala amazulu, wa w'elula; yena ow' endhlala umhlaba, na loku oku vela kuwo; yena o nika abantu aba kuwo ukupefumula, aba hamba kuwo a ba nike umoya: **6** Mina, Jehova, ngi ku bizile ngokulunga, ngi ya kubamba isandhla sako, ngi ku linde, ngi ku nike u be isivumelwano sabantu, u be ukukanya kwezizwe; **7** u vule amehlo ezimpumpute, u kipe iziboshwa ekuvalelweni, naba hlezi ebumnyameni etilongweni. **8** Ngi ngu-Jehova, yilelo igama lami; a ngi yi kunika omunye udumo lwami, nezitombe ezibaziweyo ukubatshazwa kwami. **9** Bheka, izinto za kuqala se zi fikile, ngi ya veza izinto ezintsha; zi nga ka qamuki ngi ya zi zwakalisa kini.

10 M hlabeleleleni uJehova ingoma entsha, nendumiso yake kwa semikaulweni yomhlaba; nina en'ehlela elwandhle, nokugcwala kwalo, iziqingi, nab'ake kuzo. **11** Ihlane nemizi yalo ma i pakamise izwi layo, nemizana abakileyo kuyo aba kwa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Kedare; ab'ake eSela ma b'enanele, ba memeze be seziqongweni zezintaba. 12 Ma ba babaze uJehova, ba veze udumo lwake eziqingini. 13 UJehova u ya kupuma njengesiqwaga; a vuse ukushiseka kwake njengendoda yempi: u ya kuhlokoma, yebo, a hlabe isimema; enze ubuqwaga eziteni zake.

14 Se ku isikati eside ngi te cwanta; ngi tule, ngi zibambile: kaloku ngi ya kukalisa okowesifazana obeletayo; ngi ya kubiloza ngi pefuzele kanyekanye. 15 Ngi ya 'ukwenza izwekufa izintaba namagquma, ngi bunise imishana yazo yonke; ngi ya kuyenza imifula i be iziqingi, ng'omise iziziba zonke. 16 Ngi ya kuhambisa izimpumpute ngendhlela ezingayaziyo; ngi zi hole ngemigudu ezingayaziyo; ng'enze ubumnyama bu be ukukanya pambi kwazo, nokusontekileyo ku qonde ntse. Ngi ya 'ukwenza lezi zinto, ngi nga zi shiyi. 17 Ba ya kuhlehliselwa emva, ba jabe nokujaba, aba temba izitombe ezibaziweyo, aba ti ezitombeni ezibunjiweyo, Ni ngonkulunkulu betu.

18 Yizwani nina zitulu; nani zimpumpute, bhekani, ukuba ni bone. 19 Ubani o impumpute, uma ku nge siyo inceku yami na? ubani o isitulu njengesigijimi sami engisitumayo na? ubani o impumpute njeng'engi nokutula naye, o impumpute njengenceku ka Jehova? 20 Wena u bona izinto eziningi, kepa a u qapeli; izindhlebe zake zi vulekile, kodwa a k'ezwa. 21 Kwa m enamisa uJehova, ngokulunga kwake, ukwenza mkulu umteto, nokuwenza u tuseke. 22 Kepa laba ba ngabantu abapangiweyo, bamukwa; bonke ba cushiwe emigodini, ba tukusiwe ezindhlini zeziboshwa: ba impango, a kuko obopulayo; ba yamukwa, a kako o ti, Buyisa.

23 Ubani kinina o ya kubeka indhlebe ku loku na? o ya kulalela ezwele isikati esizayo na? 24 Ubani owa m nikeza uJakobe amukwe, wa nikeza noIsraeli ku bapangi na? a siye uJehova es'one kuye na? o zindhlela zake ba nga vumanga ukuhamba ngazo, a ba wu lalelanga nomteto wake. 25 Ngakoke u tulule pezu kwake ukufuteka kwolaka lwake, namandhla empi; kwa m okela ngomlilo inxa zonke, kepa a kwazanga; kwa m shisa, noko a ka ku bekanga enhliziyweni.

43 Kaloku u ti uJehova owakudalayo wena, Jakobe, owakubumbayo, Israeli: U ng'esabi, ngokuba ngi ku hlengile; ngi ku bizile ngegama lako, u ngowami. 2 Lapo u wela emanzini ngi ya kuba nawe; na semifuleni, a i yi kukukukula: lapo u hamba emlilweni, a u yi kuhanguka, ilangabi a li yi kutungeleka pezu kwako. 3 Ngokuba ngi nguJehova uNkulunkulu wako, oNgcwele ka Israeli, uMsindisi wako; nga misa iEgipite la ba isihlaulelo sako, iEtiyopiya neSeba esikundhleni sako. 4 Ngenxa yokuba u bu igugu emehlweni ami, wa u nodumo, nga ku tanda, ngi ya kumisa abantu esikundhleni sako, nezizwe esikundhleni sokupila kwako. 5 U ng'esabi; ngokuba ngi nawe: ngi ya kuleta inzalo yako i pume empumalanga, ngi ku qoqe na sentshonalanga; 6 ngi ya kuti kuyo inyakato, Ba lete; na kuyo iningizimu, U nga ba tibeli; letani amadodana ami a puma kude, namadodakazi ami a puma emikaulweni yomhlaba; 7 wonkuwonke o bizwa ngegama lami, engi m dalele udumo lwami, engimbumbileyo, yebo, engimenzileyo.

8 Vezani izimpumpute ezi namehlo, nezitulu ezi nezindhlebe. 9 Ma zi qoqelwe ndawonye zonke izizwe, abantu ba butane: ubani kubo o nga veza loku, ezwakalise kitina okwamandulo na? ma ba lete ofakazi babo, ukuba ba tetwe; ma b'ezwe, ba ti, Ku iqiniso. 10 Nina ni ofakazi bami, u sho uJehova, nenceku yami engiyiketileyo; ukuze n'azi, ni kolwe yimi, ni qonde ukuba ngi nguye: ngapambili kwami a ku bunjwanga Nkulunkulu, na ngasemva kwami a ka yi kuba kona. 11 Mina, yebo, mina ngi nguJehova; ngapandhle kwami a kako umsindisi. 12 Ngi

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

shilo, ngi sindisile, ngi zwakalisile; wa e ngeko unkulunkulu ongaziwayo pakati kwenu: ngakoke ni ngofakazi bami u sho uJehova, mina ngi nguNkulunkulu. 13 Yebo seloku kwa tini ngi nguye; kako o ng'opula esandhleni sami: ngi ya kusebenza, ubani ongakutikimezayo na?

14 U ti uJehova uMhlengi wenu, oNgcwele ka Israeli: Ngenxa yenu ngi tumele eBabulon, ngi ya kubehlisa bonke be ngabaxoshwa, wona ama-Kaledi, emikunjini yokwenanela kwabo. 15 Ngi nguJehova, oNgcwele wenu, uMdali ka Israeli, iNkosi yenu. 16 U sho uJehova o wenza indhlela elwandhle, nomgudu emanzini a namandhla; 17 o kipa inqolana yempi nehashi, nempi n'o namandhla, (ku ya lala kanyekanye, a ku yi kuvuka; ku cishile, ku cinyiwe njengempokwe yesibani): u ti; 18 Ni nga kumbuli izinto za kuqala, ni nga kataleli izinto zamandulo. 19 Bhekani, ngi ya 'ukwenza into entsha; i ya kuqamuka kaloku; a ni yi kuyazi na? Ngi ya 'ukwenza indhlela ehlane, nemifula kwa hlongasibi. 20 Izilwane za sendhle zi ya kungidumisa, amakanka nezintshe; ngokuba ngi ya veza amanzi ehlane, nemifula kwa hlongasibi, ukupuzisa abantu bami, abaketiweyo bami, 21 abantu engi zibumbele bona, ukuba ba balise ngendumiso yami.

22 Noko wena, Jakobe, a u ngi bizanga; wa dinwa yimi, Israeli. 23 A u letanga kimi izimvu zako zi be umnikelo oshiswayo; a u ngi dumisanga ngemihlatshelo yako. A ngi ku twesanga ngeminikelo, a ngi ku dinisanga ngenhlaka. 24 A u ngi tengelanga ngemali umhlanga otapukayo, a u ngi delisanga ngamanoni emihlatshelo yako; kepa u ngi twese ngezono zako, wa ngi dinisa ngobubi bako.

25 Mina, yebo mina ngi nguye o hlangula izipambuko zako ngenxa yami; a ngi yi kukumbula izono zako. 26 Ngi kumbuze; ma s'ahlulelane: ma u balise ngendaba yako ukuze u tetwe. 27 Ukoko wako w'ona, abalamuleli bako ba pambukile kimi. 28 Ngako ngi ya kudumaza izikulu zendhlu engcwele; ngi m enze uJakobe a be isilokotelo, noIsraeli a be isituko.

44 Noko kaloku yizwa, Jakobe nceku yami, Israeli engimketileyo: 2 U ti uJehova owakwenzayo, owakubumbayo kwa sesiswini, o ya kukusiza: Mus'ukwesaba, Jakobe, nceku yami; nawe Jeshurun engimketileyo. 3 Ngokuba ngi ya kutela amanzi pezu kowomileyo, nezifufula emhlabatini owomileyo; ngi ya kutela uMoya wami pezu kwenzalo yako, nesibusiso sami pezu kwabantwana bako: 4 ba ya kuhluma pakati kwotshani, njengeminyezane nga semifuleni. 5 Omunye u ya kuti, Ngi ngo ka Jehova; omunye a zibize ngegama li ka Jakobe, omunye a zibhale ngesandhla sake ku Jehova, a ziqambe isibongo ngegama li ka Israeli.

6 U sho uJehova iNkosi ka Israeli, noMhlengi wake, uJehova wamabandhla u ti: Ngi ngowokuqala, ngi ngowokupela: a kuko Nkulunkulu ngapandhle kwami. 7 Ubani o fana nami? ma keme a memeze a ku veze, a ngi hlelele kona, e tatela esikatini enga misa ngaso abantu ba sendulo; na loku okuzayo, na loku oku ya kuba kona, ma ba ku veze. 8 Ni nga bi na luvalo, ni ng'esabi: a ngi ku zwakalisanga kuwe endulo, a ngi ku tshelanga na? ni ngofakazi bami. Ku kona yini uNkulunkulu ngapandhle kwami? yebo, a liko iTshe; a ngi l'azi na linye.

9 Aba lumba isitombe esibaziweyo ba yize bonke; izinto ezi nxanelwa ibona a zi yi kusiza luto; ofakazi babo ka ba boni, ka b'azi: ukuze ba jabe. 10 Ubani o lumbile unkulunkulu, n'o lumbile isitombe esi nge na kusiza luto na? 11 Bheka, onke amagxebe ake a ya kujaba; izisebenzi zi abantu nje: ma ba butelwe bonke ndawonye b'eme; ba ya kushaywa uvalo, ba jabe kanyekanye.

12 Umkandi wensimbi wenza izembe, a sebenze emalahleni, a si lumbe

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ngezando, a si sebenze ngengalo e namandhla: yebo, u ya lamba, a nga bi namandhla; a nga puzi manzi, a yete. **13** Umbazi u y'elula intambo; a si dwebe ngebomvu; a s'enze ngezibazo, a si dwebe ngekompasi, a s'enze umfanekiso womuntu, njengobuhle bomuntu, ukuba si hlale endhlini. **14** U ya zigaulela imisedare, a tate umkoba, nomoki, a zimilisele omunye wemiti yehlati: u ya tshala umfire, imvula i wu kulise. **15** U ze u be owokuba umuntu a pembe ngawo; a tate kuwo ote; yebo, u ya wu basa ose isinkwa: yebo, wenza unkulunkulu, a kuleke kuye; a w'enze isitombe esibaziweyo a si kotamele pansi. **16** U ya shisa inxenye yawo emlilweni; ngenxenye yawo a dhle inyama; ose isoso, a sute; yebo, u y'ota a ti, Halala! ngi y'ota, ngi bonile umlilo. **17** Insali yawo u y'enza unkulunkulu, isitombe sake esibaziweyo; u ya kotamela pansi kuso a kuleke kuso a tandaze kuso a ti, Ng'opule; ngokuba u ngunkulunkulu wami.

18 A b'azi, a ba qondi: ngoba u wa te name amehlo abo, ukuba ba nga boni; nezinhliziyo zabo ukuba ba nga qondi. **19** A muko na munye okumbulayo enhliziyweni, a kuko ukwazi nokuqonda kokuti, Ngi shisile inxenye yawo emlilweni; yebo, ng'osile isinkwa emalahleni awo; ng'ose inyama, nga yi dhla: imbala ngi ya kwenza insali yawo i be icilo na? ngi kotamele pansi isibuku somuti na? **20** U ya dhla umlota; inhliziyo ekohlisiweyo i m cezulile; a ka nako ukwopula umpefumulo wake, nokuba a ti, A kuko yini amanga esandhleni sami sokunene na?

21 Kumbula lezi zinto, Jakobe, wena Israeli, ngokuba wena u inceku yami: ngi ku bumbile; u inceku yami: Israeli, a u yi kukohlwa yimi. **22** Ngi hlangulile izipambuko zako, njengezingqimba zamafu, nezono zako njengefu: buyela kimi; ngokuba ngi ku hlengile. **23** Yenanelani, mazulu, ngokuba uJehova u kwenzile; hlokomani, nina zindawo ezijulileyo zomhlaba; qumukani n'enanele nina zintaba, nawe, hlati, nemiti yonke e pakati kwako: ngokuba uJehova u hlengile uJakobe, u ya 'ukwenza ukuba a nconywe ngoIsraeli.

24 U ti uJehova, uMhlengi wako, yena owa ku bumba esiswini: Ngi nguJehova o wenza konke; o weneka amazulu yedwa; o wendhlala umhlaba (ubani o nami?); **25** o shafisa imihlola yamaweshe weshe, o gcwanekisa ababhulayo; o buyisela emva abahlakanipileyo, e ntumazelisa ukwazi kwabo; **26** o qinisa izwi lenceku yake, a feze icebo lezigijimi zake; oshoyo ngeJerusalem ukuti, Li ya kuba nabantu; na ngayo imizi ya kwa Juda ukuti, I ya kwakiwa, ngi ya kuvusa amazwekufa ayo; **27** oshoyo kuwo amanzi ajulileyo, Yisha; ngi ya kwomisa imifula yako; **28** o ti ngoKurosi, U ngumalusi wami, u ya kufeza konke engikwenameleyo, o ti ngeJerusalem, Li ya kwakiwa, na ngetempeli, Ku ya kubekwa isisekelo sako.

45 U ti uJehova kogcotshiweyo wake, ku Kurosi, o sandhla sake sokunene ngi si bambile, ukuba ngi nyatele izizwe pambi kwake, ngi tukulule izinkalo zamakosi; ukuba ngi vule iminyango pambi kwake, amasango a nga valwa: **2** ngi ya kuhamba ngapambili kwako, ngi leleze amangetengete; ngi ya kwapula izicabha zetusi, ngi nqume imivalo yensimbi; **3** ngi ya kukunika amagugu obumnyama, ingcebo etukusiweyo ezindaweni ezisitekileyo, ukuze wazi ukuti yimina Jehova okubizayo ngegama lako, uNkulunkulu ka Israeli. **4** Ngenxa ka Jakobe inceku yami, noIsraeli oketiweyo wami, ngi ku bizile ngegama lako: ngi ku tile isibongo, noma u bu nga ng'azi. **5** Ngi nguJehova, a kako omunye; a kako uNkulunkulu ngapandhle kwami. Ngi ya kukubincisa, noma u bu nga ng'azi; **6** ukuba b'azi ku suka empumalanga, na sentshonalanga, ukuti a kako ngapandhle kwami. Ngi nguJehova, a kako omunye. **7** Ngi y'enza ukukanya, ngi dale nobumnyama; ngi y'enza ukutula, ngi

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

dale nobubi; ngi nguJehova okwenzayo konke loku.

8 Tonsani nina mazulu ngapezulu, isibakabaka ma si tuntulule ukulunga: umhlaba ma u vuleke ukuze u veze usindiso, ma u milise ukulunga kanyekanye; mina, Jehova, ngi ku dalile loku.

9 Maye yena o pikisana noMenzi wake! udengezi pakati kwezindengezi zomhlaba! Ibumba li ya kusho yini kolibumbayo ukuti, Wenzani na? kumbe loko okwenzayo ku sho ukuti, A ka na zandhla na? 10 Maye yena o ti ku yise, U zalani na? noma kowesifazana, U nemihelo ngantoni na?

11 U ti uJehova, oNgcwele ka Israeli, uMenzi wake: Ngi buzeni ngezinto ezizayo; ngi yaleni ngamadodana ami, na ngomsebenzi wezandhla zami. 12 Ngi w'enzile umhlaba, nga dala abantu pezu kwawo: amazulu enekwa imina ngezandhla zami; amabandhla onke awo ngi wa yalile. 13 Ngi m vusile ngokulunga, ngi ya kuqondisa ntse zonke izindhlela zake; u ya kwaka umuzi wami, a yeke abatunjwa bami zi hambe, ku nge nga nkokelo, ku nge nga mvuzo, u sho uJehova wamabandhla.

14 U ti uJehova, Isitukutuku sa sEgipite, nentengo ya sEtiyopiya, namaSabiya, abantu abajaheleyo, ku ya kuwelela kuwe, ku be ngabako; bo ku landela; ba ya kuwela be boshiwe ngamaketanga; ba ya kukukotamela, ba nxuse kuwe, be ti, Impela uNkulunkulu u kuwe; a kako omunye, a kuko Nkulunkulu. 15 Iqiniso, wena u nguNkulunkulu ozifihlayo, Nkulunkulu ka Israeli, Msindisi. 16 Ba ya kujaba, yebo, ba hlaziswe bonke; ab'enza izitombe ba ya kuya ehlazweni kanyekanye. 17 Kepa uIsraeli u ya kusindiswa uJehova ngosindiso olumiyo njalo: a ni yi kujaba, a ni yi kuhlaziswa ku ze ku be nini na nini.

18 Ngokuba u ti uJehova owa dala amazulu, uNkulunkulu owa bumba umhlaba wa w'enza, wa wu zinzisa, ka wu dalanga wa ba ize, wa wu bumba ukuba w'akiwe: mina ngi nguJehova; a kako omunye. 19 A ngi kulumanga mina ngasese, endaweni yezwe lobumnyama; a ngi shongo kuyo inzalo ka Jakobe ukuti, Ngi funeni ku be ize: mina Jehova ngi kuluma ukulunga, ngi veza izinto ezi te ntse.

20 Butanani ni ze, ni sondele kanyekanye, nina abasindileyo bezizwe: a ba na kwazi aba twala umuti wesitombe sabo esibaziweyo, be tandaza kuye unkulunkulu o nge na kusindisa. 21 Yishoni, ni ku veze; yebo, ma ba lulekane: ubani okuzwakalisileyo loku kwa sendulo na? ubani owa ku sho selokwatini na? a ku mina, Jehova na? a kako omunye uNkulunkulu ngapandhle kwami, uNkulunkulu olungileyo noMsindisi; a kako ngapandhle kwami. 22 Bhekani kimina, ni sindiswe, majukujuku onke omhlaba; ngokuba mina ngi nguNkulunkulu, a kako omunye. 23 Ngi zifungile mina, izwi li pumile emlonyeni wami ngokulunga, a li yi kubuya, ukuba onke amadolo a guqe kimina, izilimi zonke zi funge. 24 Ku tiwa ngami, ku Jehova kupela ku kona ukulunga namandhla; ku yiwa kuye; bonke aba tukutele ngaye ba ya kujaba. 25 Ku Jehova inzalo yonke ya kwa Israeli i ya kutetwa, i zigabise.

46 UBeli u ya guqa, uNebo u ti babalala; izitombe zabo zi pezu kwezilwane, na pezu kwezinkomo: izinto enizitweleyo zi nzima, zi umtwalo ezilwaneni eziyetileyo. 2 Ba ti babalala, ba ya guqa kanyekanye; ba be nge namandhla ukuhlangulisa umtwalo, Ba tunjiwe uqobo lwabo.

3 Ngi laleleni nina ndhlu ka Jakobe, nensali yonke yendhlu ka Israeli, eya twalwa imina kwa sesiswini, eya patwa imina kwa sesizalweni; 4 no ze ni guge ngi se nguye, no ze ni be ngwevu ngi ni tshete: ng'enzile, ngi ya kutwala; yebo, ngi ya kutshata, ngi hlangulise. 5 Ni ya kungifanisa nobani na? ni ngi linganise, ni ngi qatanise nobani, ukuba si fane na? 6 Aba wohloza igolide esikwameni, ba linganise isiliva esikalweni, ba tola

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukwahlulelwa kweBabulon.

ngemali umkandi wegolide, a l'enze unkulunkulu; ba ya kotama, yebo ba ya kuleka. 7 Ba m twala emahlombe, ba m etshate, ba m beke endaweni yake, eme; a nga be e sa suka endaweni yake: yebo, umuntu a nga kala kuye, noko a nge pendule, a nge m sindise osizini lwake.

8 Kumbulani loku, ni be amadoda; ni ku qonde futi enhliziyweni, nina bapambuki. 9 Kumbulani izinto za kuqala zamandulo: ngokuba mina ngi nguNkulunkulu, a kako omunye; mina ngi nguNkulunkulu, a kako o fana nami; 10 ngi sho ekuqaleni oku ya kuba kona ekugcineni, na sendulo ngi sho izinto ezi nga k'enzeki; ngi ti, Icebo lami li ya kuma, ng'enze konke engikwenameleyo; 11 ngi biza inqe elihahayo empumalanga, umuntu wecebo lami ezweni eli kude; yebo, ngi kulumile, ngi ya kukufeza; ngi ku hlosile, ngi ya kukwenza.

12 Ngi laleleni, nina banhliziyo i lukuni, aba kude nokulunga: 13 ngi sondeza ukulunga kwami, a ku yi kuba kude, usindiso lwami a lu yi kulibala; uIsraeli, udumo lwami, ngi ya kumbekela usindiso eZiyon.

47 Yehla, u hlale otulini, wena ntombi ndodakazi ya seBabulon; hlala emhlabatini u nge na sihlalao sobukosi, wena ndodakazi yamaKaledi: ngokuba a u sa yi kubizwa ngokuti u tambile u intekenteke. 2 Tata amatshe okusila, u sile impupu; susa ulwembu lwako, hlubula ingubo yako e umhushuza, yambula umlenze, u wele imifula. 3 Ubunqunu bako bu ya kwambulwa, yebo, ubuze bako bu bonakale: ngi ya kupindisa, a ngi yi kuyeka muntu. 4 UMhlengi wetu, uJehova wamabandhla igama lake, oNgcwele ka Israeli. 5 Hlala, u tule, u ngene ebumnyameni, wena ndodakazi yamaKaledi; ngokuba a u sa yi kubizwa ngokuti, u inkosikazi yemibuso. 6 Nga ba tukutelela abantu bami, nga li dumaza ifa lami, nga ba nikeza esandhleni sako: wena a u banga nesihe kubo; wa l'enza li sinde kakulu pezu kwabadala ijokwe lako. 7 Wa ti, Ngo ba inkosikazi ku ze ku be nini; a u zi bekanga lezi zinto enhliziyweni yako, a u kumbulanga ukugcina kwazo.

Ubuze bokuzetemba kwalo.

8 Kalokuke yizwa loku, wena ozitikayo, o hlezi u londekile, oshoyo enhliziyweni yako ukuti, Ngi yimi, a kako omunye ngapandhle kwami; a ngi yi kuhlalisa okwomfelokazi, a ngi yi kukwazi ukusweziselwa abantwana: 9 inganti loku kokubili ko ku fikela ngokupazima kweso ngosuku lunye, ukusweziselwa abantwana, nobufelokazi; ku ya kukufikela ngokupeleleyo pakati kwobuningi bobwanuse bako, na sekuvameni okukulu kweziponso zako. 10 Ngokuba u tembe ebubini bako; wa ti, A ngi bonwa muntu; ukuhlakanipa kwako nokwazi kwako, ku ku pambukisile; wa ti enhliziyweni yako, Ngi yimi, a kako omunye ngapandhle kwami. 11 Ngakoke ububi bu ya kukufikela; a u yi kwazi ukuvela kwabo: u ya kwehlelwa isiyiba; u nga be u sa ba namandhla okusikipa: incitakalo ongayaziyo i ya kukufikela ngokuzuma.

12 Yimake neziponso zako, nobuningi bobwanuse bako, o ziqobe ngabo kwa sebusheni bako; uma kambe u nga sizakala, noma kambe u nga shayisa uvalo. 13 U katele ngobuningi bokululekwa kwako: ma ba sukume manje abadabuli bezulu, naba bheka izinkanyezi, nabazisayo ngezinyanga, ba ku sindise ku loku oku ya kukufikela. 14 Bheka, ba ya kuba njengezibi; umlilo u ya kubashisa; a ba yi kuzopula emandhleni elangabi; a li yi kuba ilahle lokwota, nomlilo wokuhlalwa pambi kwawo. 15 Ko ba njalo kuwe loko o qobeke kuko: labo owa tengana nabo kwa sebusheni bako ba ya kuzula ilowo nga kweyake indawo; a nga biko okusindisayo.

48 Yizwani loku, nina ndhlu ka Jakobe, eni bizwa ngegama li ka Israeli, eni puma emanzini a kwa Juda; eni funga igama li ka Jehova, eni pata uNkulunkulu ka Israeli, ku

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku kuzwa ukungatembeki ku ka Israeli. UJehova nenceku yake.

nge ngeqiniso na ngokulunga, 2 (ngokuba ba zibiza ngokuti ba ngabomuzi ongcwele, be zimaziseka ngoNkulunkulu ka Israeli; uJehova wamabandhla igama lake): 3 Ngi zi shilo izinto za kuqala zamandulo; yebo, za puma emlonyeni wami, nga zi zwakalisa: nga z'enza ngomhaha, za fezeka. 4 Ngokuba be ng'azi ukuti u nenkani, intamo yako i ngumsipa wensimbi, ibunzi lako li itusi; 5 Ngakoke ngi ku tshelile kwa sendulo; nga ku zwakalisa kuwe ku nga k'enzeki; funa u ti wena, Kwenziwe isitombe sami, yisitombe sami esibaziweyo, nesitombe sami esibunjiweyo, esi te a ku be njalo. 6 U ku zwile; bheka konke loku; a ni yi kuveza loku na? Ngi zwakalisile kuwe okusha ku suka kaloku, nokufihliweyo, o be u nga kwazi. 7 Ku dalwa kaloku, a ku dalwanga endulo; lu nga ka fiki lolu suku u bu nga ku zwanga; funa u ti wena, Bheka, be ngi kwazi. 8 Yebo, a u zwanga; yebo, a wazanga; yebo, kwa sendulo indhlebe yako ya i nga vulwanga: ngokuba be ng'azi ukuba u ya hlubuka kakulu, wa bizwa ngokuti umpambuki kwa sesiswini. 9 Ngenxa yegama lami ngo bamba ulaka lwami, na ngenxa yendumiso yami ngo zikuza ngawe, ukuze ngi nga ku nqumi. 10 Bheka, ngi ku cwengile, ku nge njengesiliva; ngi ku lingile esitandweni senhlupeko. 11 Ngenxa yami, yebo, ngenxa yami, ngi ya kukwenza; ngoba igama lami li nga dunyazelwani na? a ngi yi kunika omunye udumo lwami.

12 Lalela mina, Jakobe, noIsraeli obiziweyo wami: ngi nguye; ngi ngowokuqala, ngi ngowokupela futi. 13 Yebo, isandhla sami si beke isisekelo somhlaba, isandhla sami sokunene s'eneke amazulu: nxa ngi ku bizayo, ku ma kanyekanye. 14 Butanani, nina nonke, ni zwe; ubani ku bona o ku vezile loku na? Yena amtandayo uJehova u ya 'ukwenza akwenameleyo pezu kweBabulon, ingalo yake i kwenze ku maKaledi. 15 Mina, yebo mina, ngi kulumile; yebo, ngi m bizile; ngi m letile, u ya kuhlanhlazelisa indhlela yake. 16 Sondelani kimina, ni zwe loku; a ngi kulumanga ngasese kwa sekuqaleni; ku suka esikatini sokuba kona kwawo, ngi kona lapo: kalokuke iNkosi uJehova u ngi tumile, noMoya wake.

17 U ti uJehova, uMhlengi wako, oNgcwele ka Israeli: Ngi nguJehova uNkulunkulu wako okufundisayo ukuze u sizeke, o ku hola ngendhlela o nga u hamba ngayo. 18 Sengati nga wa lalela imiyalo yami! ukutula kwako be ku ya kuba njengomfula, nokulunga kwako njengamaza olwandhle: 19 inzalo yako nga ya ba ngangesihlabati, nabantwana bombilini wako ba ba njengezinhlamvu zaso: igama lake nga li nga nqunywanga la shabalaliswa ngapambi kwami.

20 Pumani eBabulon, balekani ku maKaledi; yishoni ni zwakalise loku ngezwi lowkenanela, ni ku pumisele na semikaulweni yomhlaba: ni ti, UJehova u yi hlengile inceku yake uJakobe. 21 Ka b'omanga lapo e ba hambisa kuwo amazwekufa; wa ba mpompozisela amanzi etsheni; wa qekeza itshe futi, amanzi a phophoza. 22 A kuko ukutula ku mashinga, u sho uJehova.

49 Lalelani kimi, nina ziqingi; geqani indhlebe, nina zizwe ezi kude: uJehova u ngi bizile kwa sesiswini; wa pata igama lami kwa sembilinini ka mame: 2 wenze umlomo wami u be njengenkemba e bukali; u ngi tukusile etunzini lesandhla sake: u ng'enze nga ba umcibisholo opucuziweyo; u ngi sitelisile esambweni sake: 3 wa ti kimi, Wena u inceku yami; u nguIsraeli engi ya kunconywa ngaye. 4 Nga se ngi ti mina, Ngi qobekile, amandhla ami ngi wa citele ize nomoya; noko ilungelo lami li ku Jehova impela, nenkokelo yami i ku Nkulunkulu wami.

5 Manjeke, u ti uJehova owa ngi bumba kwa sesiswini, ngi be inceku yake yokubuyisela uJakobe ku yena futi, ukuba uIsraeli a butelwe kuye

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

AbaJuda nabezizwe bo sindiswa inceku ka Jehova.

(ngoba ngi nodumo emehlweni ka Jehova; uNkulunkulu wami u se ngamandhla ami); 6 yebo, u ti yena, Ku into e lula ukuba u be inceku yami yokuvusa izizwe za kwa Jakobe, nokubuyisa aba londolozwa ba kwa Israeli: ngi ya kukunika futi u be ukukanya kwabezizwe, ukuze u be usindiso lwami ku ze ku be semikaulweni yomhlaba. 7 U ti uJehova uMhlengi ka Israeli, noNgcwele wake, kuye o delelwa abantu, kuye o icilo esizweni, kuyo inceku yababusi: Amakosi a ya kubona a vuke; izikulu zi bone zi kukuleke; ngenxa ka Jehova otembekayo, oNgcwele ka Israeli, okuketileyo.

8 U ti uJehova, Ngesikati esingikolayo, ngi ku pendulile, ngosuku losindiso ngi ku sizile; ngo ku londoloza, ngi ku nike u be isivumelwano sabantu, ukumisa umhlaba, nokubenza ba dhle amafa acitekileyo; 9 u ti kubo ababoshiweyo, Pumani; kwaba sebumnyameni, Velani. Ba ya kuhxaba ezindhleleni, amadhlelo abo a be semacekeni onke apakemeyo. 10 A ba yi kulamba b'ome; a ba yi kubulawa isifudumezi nelanga: ngokuba yena o nesihe ngabo wo ba quba, a ba holele nga semitonjeni yamanzi. 11 Ngi ya kuz'enza zonke izintaba zami zi be indhlela, imigwaqo yami i pakame. 12 Bheka, laba ba ya kuvela kude; bheka, laba ba ya kuvela enyakato na sentshonalanga; laba ba vele ezweni la seSinim. 13 Yenanelani mazulu; wetabe nawe mhlaba; ni qumuke n'enanele, nina zintaba: ngokuba uJehova u duduzile abantu bake, u ya kuba nesihe ngabahlupekileyo bake.

14 Kodwa iZiyon la ti, UJehova u ngi shiyile, iNkosi i ngi kohliwe. 15 Owesifazana a nga kohlwa yini umntwana wake oncelayo, ukuba a nga bi nesihe ngendodana yesisu sake na? yebo, laba ba nga ze ba kohlwe, kodwa mina a ngi yi kukohlwa uwe. 16 Bheka, ngi ku qopile ezintendeni zezandhla zami; izingange zako zi pambi kwami njalonjalo. 17 Abantwana bako ba ya shesha; abakusizilayo nabo aba kwenze izwekufa ba ya kupuma kuwe. 18 Pakamisa amehlo ako inxa zonke u bone: bonke laba ba ya butana, ba fike kuwe. Ngi zifunga mina, u sho uJehova, impela u ya kuz'ambatisa ngabo bonke njengesivunulo, u bince ngabo njengomakoti. 19 Ngokuba amanxiwa ako, namazwekufa ako, nezwe lako elisiziliweyo,—impela manje abakileyo ba ya kunyinyeka kuwe, nabo abakugwinyileyo ba be kude. 20 Ku ya 'u nce ku kulume abantwana ku wena obu sweziselwe ba ti ezindhlebeni zako, Le ndawo i ngi nyinyile; ngi gudhlukele ukuba ngi hlale. 21 Konake u ya kuti enhliziyweni yako, Ubani o ngi zalele laba, loku ngi sweziselwe abami abantwana ngi umhlalaqa, ngi ngotunjiweyo, ngi ya zulazula njalo na? ubani o kulise laba na? Bheka, nga sala ngedwa; laba, ba bepi na?

22 I ti iNkosi uJehova, Bheka, ngo pakamisela izizwe isandhla sami, ngi misele abantu iduku lami; ba lete amadodana ako esifubeni sabo, namadodakazi ako a twalwe emahlombe abo. 23 Amakosi a ya kuba abondhli bako, amakosikazi awo a be abancelisi bako: ba ya kukukotamela be beka pansi ubuso, ba kote utuli lwezinyawo zako; u ya kwazi ukuba ngi nguJehova; a ba yi kujaba abangihlalelayo.

24 Impahla edhliweyo i ya kutatshatwa kuzo iziqwaga na? abatunjwayo ngoku yikona ba ya kuhlanguliswa na? 25 Kepa u ti uJehova, Abatunjwa beziqwaga ba ya kutatshatwa, impango yaba shayisa uvalo i hlanguliswe; ngokuba ngi ya kupikisana naye o pikisana nawe, ngi sindise abantwana bako. 26 Ngi ya kubafunza ngeyabo inyama abakukatazayo; ba ya kudakwa elabo igazi, njengokungati ngewayini elimnandi: inyama yonke i ya kwazi ukuba mina Jehova, ngi nguMsindisi wako, no-Mhlengi wako, O namandhla ka Jakobe.

50 U ti uJehova, Ipi incwadi yesahlukaniso si ka nyoko, engi-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

mlahlileyo ngayo na? u mupi wa labo engi nezikweleti zabo engi ku tengise kuye na? Bhekani, na tengiswa ngenxa yobubi benu, unyoko wa lahlwa ngenxa yezipambuko zenu. 2 Kwa ba ngani ukuba ekufikeni kwami ku nga biko muntu na? ekubizeni kwami be ku ngeko osabelayo na? Isandhla sami si finyeziwe yini ukuba si nga hlengi? kumbe a ngi se namandhla okwopula na? Bhekani, ngokukuza kwami ngi ya shisa ulwandhle, ng'enze imifula i be ihlane: izinhlanzi zayo zi ya nuka, ngokuba e ngeko amanzi, zi ya fa ngokwoma. 3 Ngi y'ambatisa amazulu ngezimnyama, ng'enze indwangu yamasaka i be isimbozo sawo.

4 INkosi uJehova u ngi nikile ulimi lwabafundiswayo, ukuba ngi kwazi ukumpeleka ngamazwi oyetileyo: u ya vusa nga kusasa imihla ngemihla u vusa indhlebe yami ukuba ngi zwe njengabafundiswayo. 5 INkosi uJehova u vulile indhlebe yami, mina a ngi hlubukanga, a ngi hlehlelanga emva. 6 Nga nikeza umhlana wami ku bashayi, nezihlati zami kwaba ngi hlutula izindevu; a ngi sitelisanga ubuso bami ehlazweni na sekufelweni ngamate. 7 Ngokuba iNkosi uJehova u ya kungisiza; ngako a ngi hlazisekanga: ngako ngi bu misile ubuso bami njengensengetshe, ngi y'azi ukuba a ngi yi kujaba. 8 U seduze yena ongitetayo; ubani o ya kupikisana nami? ma si me ndawonye: ubani o mangalelana nami? ma ka sondele kimi. 9 Bheka, iNkosi uJehova wo ngi siza; ubani o ya kungilahla na? bheka, ba ya kuguga bonke njengengubo; inundu i ya kubadhla.

10 Ubani kinina owesaba uJehova, o lalela izwi lenceku yake na? o hamba ebumnyameni, e nge na kukanya, ma ka tembe egameni li ka Jehova, a ncike ku Nkulunkulu wake. 11 Bhekani, nina nonke aba basa umlilo, naba zibincisa ngezikuni; hambani elangabini lomlilo wenu, pakati kwezikuni enizitungeleyo. Yiloku eni ya kuba nako ku vela esandhleni sami; ni ya kulala pansi ni nobuhlungu.

51 Lalelani kimi, nina eni landela ukulunga, nina eni funa uJehova: bhekani kulo itshe ena qezulwa kulo, na semtashweni womgodi ena kishwa kuwo. 2 Bhekani ku Abraham uyihlo, na ku Sara owanizalayo; ngokuba e se munye nga m biza, nga m busisa nga m andisa. 3 Ngokuba uJehova u duduzile iZiyon; u duduzile onke amazwekufa alo, w'enza ihlane lalo li be njengeEden, noqwatule lwalo njengensimu ka Jehova; ukujabula nokutokoza ko tolwa kona, ukubonga, nezwi lokuhuba.

4 Lalelani kimi, bantu bami; ni ngi bekele indhlebe, nina sizwe sami: ngokuba umteto wo puma kimi, ngi mise izahlulelo zami zi be ukukanya ku bantu, 5 Ukulunga kwami ku seduze, usindiso lwami lu pumile, izingalo zami zi ya kwahlulela abantu; iziqingi zi ya kungihlalela, z'etembele engalweni yami. 6 Pakamiselani amehlo enu emazulwini, ni bheke emhlabeni pansi; ngokuba amazulu a ya kunyamalala njengomusi, umhlaba u guge njengengubo; abakileyo kuwo ba fe ngokunjalo: kodwa usindiso lwami lu ya kuma ku ze ku be nini, ukulunga kwami a ku yi kuqedwa.

7 Lalelani kimi, nina enaziyo ukulunga, abantu aba mteto wami u sezinhliziyweni zabo; ni ng'esabi inhlamba yabantu, ni nga papateki ngokuhlambalaza kwabo. 8 Ngokuba inundu i ya kubadhla njengengubo, ibhu li ba dhle njengoboya bezimvu; kodwa ukulunga kwami ku ya kuma ku ze ku be nini, nosindiso lwami ezizukulwaneni ngezizukulwane.

9 Vuka, vuka, wambate amandhla, ngalo ka Jehova; vuka, njenga sezinsukwini zamandulo, ezizukulwaneni za pakade. A ku wena owa genca uRahabi, wa gwaza ingwenya na? 10 A ku wena owa shisa ulwandhle, amanzi a kwa totololo omkulu; ow'enza ukujula kwolwandhle ukuba ku be indhlela yokuwela abahlengiweyo

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U ya li duduza iZiyon. IZiyon li bizwa ukuba li pume ekutunjweni.

na? 11 Abahlaulelweyo ba ka Jehova ba ya kubuya, b'eze eZiyon b'enanela; ukutokoza okumiyo njalo ku be pezu kwamakanda abo: ba ya kufumana ukujabula nokutokoza; ku baleke usizi nokukala.

12 Mina, yebo mina, ngi nguye oniduduzayo: u ngubani wena, ukuba wesabe umuntu o ya kufa na? nendodana yomuntu e ya kwenziwa i be njengotshani na? 13 u kohlwe uJehova uMenzi wako, ow'eneka amazulu, nowa beka izisekelo zomhlaba na? u shaywe uvalo njalo usuku lonke ngenxa yokufuteka kwomxini na? lapa e lungisela ukububisa na? kupi ukufuteka kwomxini na? 14 O konkobaliswe ukuboshwa u ya kukululwa ngokushesha; a ka yi kufela egebeni, isinkwa sake a si yi kusweleka. 15 Ngoba mina ngi nguJehova uNkulunkulu wako, o vusa ulwandhle, ukuba a dume amaza alo: uJehova wamabandhla igama lake. 16 Ngi bekile amazwi ami emlonyeni wako, ngi ku sibekele ngetunzi lesandhla sami, ukuze ngi wa tshale amazulu, ngi beke izisekelo zomhlaba, ngi ti kulo iZiyon, Nina ni ngabantu bami.

17 Vuka, vuka, sukuma, Jerusalem, o puze esandhleni si ka Jehova indebe yokufuteka kwake; indebe e upiso etengezelisayo, u yi puze, wa yi minya. 18 A kako owokulihola kuwo wonke amadodana eliwazeleyo; a kako nowokulipata ngesandhla kuwo onke amadodana eliwakulisileyo. 19 Loku kokubili ku kwehlele; ubani o ya kukukalela na? ukuqotuleka nokubujiswa, indhlala nenkemba; ngi ya kukududuza kanjani na? 20 Amadodana ako a qulekile, a lala ezihlokweni zezitaladi zonke, njengomganhxa eneteni; a gcwele ukufuteka ku ka Jehova, nokukuza ku ka Nkulunkulu wako.

21 Ngakoke, yizwa loku, wena ohlupekileyo, nodakiweyo ku nge ngewayini: 22 I ti iNkosi yako, uJehova noNkulunkulu wako o melela indaba yabantu bake, Bheka, ngi yi tatile esandhleni sako indebe etengezelisayo, indebe e upiso yokufuteka kwami; a u yi kupinda ukuyipuza: 23 ngi ya kuyibeka esandhleni sa labo abakuhlupayo, aba te empefumlweni wako, Kotama, si dhlule pezu kwako; u bekile umhlana wako, wa njengomhlabati, na njengesitaladi, kubo abadhlulayo.

52 Vuka, vuka, wambate amandhla ako, Ziyon; yambata izingubo zako zokuvunula, Jerusalem, muzi ongcwele: ngokuba a ku sa yi kubuya ku ngene kuwe o nga sokanga nongcolileyo. 2 Zituntute utuli; vuka u hlale esihlalweni sako, wena Jerusalem: zikumule ezibopweni zentamo yako, wena ndodakazi ya seZiyon o umtunjwa.

3 Ngokuba u ti uJehova, Na tengiswa ngeze; ni ya kuhlengwa ngapandhle kwemali. 4 Ngokuba i ti iNkosi uJehova, Abantu bami b'ehlela kuqala Egipite ukuba ba ti gozololo kona: umAsiriya wa ba kahla ngapandhle kwesici. 5 Manjeke, ng'enzani lapa, u sho uJehova, loku abantu bami ba tatshatiwe ngeze na? bona abababusayo ba hxiwula, u sho uJehova, igama lami li cekefulwa njalonjalo zonke izinsuku. 6 Ngako abantu bami ba ya kulazi igama lami: ngakoke ba ya kwazi nga lolo suku ukuti ngi nguye mina okulumayo; bheka, yimina.

7 Yeka, ubuhle bezinyawo zake ezintabeni o shumayela izindaba ezinhle, ozwakalisayo ukutula, o shumayela izindaba ezinhle zokuhle, ozwakalisayo usindiso; . o ti kulo iZiyon, UNkulunkulu wako u ya busa! 8 Izwi labalindi bako! ba pakamisa izwi, b'enanela kanyekanye; ngokuba ba ya kubona iso neso, lapo uJehova e buyela eZiyon. 9 Qumukani ni halalise, n'enanele kanyekanye, nina mazwekufa a seJerusalem; ngokuba uJehova u duduzile abantu bake, u hlengile iJerusalem. 10 UJehova u hlubulile ingalo yake engcwele emehlweni ezizwe zonke; amajukujuku onke omhlaba a bonile usindiso lu ka Nkulunkulu wetu.

11 Mukani, mukani, pumani kona,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukuhlupeka kwenceku ka Jehova.

ni nga tinti into engcolileyo; pumani pakati kwalo; ni zipotule, nina aba pata izitsha zi ka Jehova. 12 Ngokuba a ni yi kupuma ngokumpampa, a ni yi kuhamba ngokubaleka: ngokuba uJehova u ya kuhamba pambi kwenu; uNkulunkulu ka Israeli wo ba owokunivikela ngasemva.

13 Bhekani, inceku yami i ya kwenza ngokuhlakanipa, i kuliswe, i pakanyiswe, i be nkulu kakulu. 14 Njengoba abaningi ba mangala ngawe (ubuso bayo ba b'onakele kunoba mupi umuntu, nesimo sayo kunesamadodana abantu), 15 njaloke i ya kwetusa izizwe eziningi; amakosi a ya kushaqeka ngayo: ngokuba a ya kubona loko a nga ku tshelwanga; a qonde loko a nga ku zwanga.

53 Ubani o kolwe imbiko yetu? ingalo ka Jehova y'ambulwe ku bani na? 2 Ngokuba ya kula ngapambi kwake njengesaba eli butakataka, na njengempande emhlabatini o ugwadule: a yi siwo umbakabaka; a yi nabo ubucwazicwazi; ekuyiboneni kwetu a buko ubuhle ukuba si ze si yi nxanele. 3 I delelwe, ya hlamukwa abantu; umuntu wezinsizi, e b'azi ubuhlungu: njengabamsitezela ubuso babo abantu, wa delelwa; a si m nakanga.

4 Impela u twele ubuhlungu betu, wetshata izinsizi zetu; kepa tina be si ti, u hlushiwe, u shaywe uNkulunkulu, e totshiswa. 5 Kodwa wa hlatshwa ngenxa yezipambuko zetu, wa kubazwa ngenxa yamacala etu; wa laywa yena ukuze si be nokutula; ngemivimbo yake si pilisiwe. 6 Tina sonke s'edukile njengezimvu; si pendukele ilowo endhleleni yake; uJehova wehlisele pezu kwake amacala etu sonke.

7 Wa bandezelwa, kanti e sa hlushwa ka vulanga umlomo wake; njengemvana e yiswa ekuhlatshweni, na njengemvu i isimungulu pambi kwabagundi, ku njalo ka vulanga umlomo wake. 8 Wa suswa ngokubandezelwa na ngokwahlulelwa; kwabesizukulwane sake, kwa cabanga bani ukuti wa nqunywa ezweni labaNkulunkulu, e totshiswa. 5 Kodwa wa hlatshwa ngenxa yezipambuko zetu, wa kubazwa ngenxa yamacala etu; wa laywa yena ukuze si be nokutula; ngemivimbo yake si pilisiwe. 6 Tina sonke s'edukile njengezimvu; si pendukele ilowo endhleleni yake; uJehova wehlisele pezu kwake amacala etu sonke.

7 Wa bandezelwa, kanti e sa hlushwa ka vulanga umlomo wake; njengemvana e yiswa ekuhlatshweni, na njengemvu i isimungulu pambi kwabagundi, ku njalo ka vulanga umlomo wake. 8 Wa suswa ngokubandezelwa na ngokwahlulelwa; kwabesizukulwane sake, kwa cabanga bani ukuti wa nqunywa ezweni labapilayo ngenxa yezipambuko zabantu bami okwa ku fanele bona ukushaywa? 9 Ituna lake ba l'enza kwaba ngamashinga, na kocebileyo ekufeni kwake; nokuba e ng'enzanga ubudhlova, i ngeko inkohliso emlonyeni wake.

10 Noko kwa ba kuhle ku Jehova ukumkubaza; wa m zwisa ubuhlungu; lapo wena u su wenze umpefumulo wake u be umnikelo wesono, u ya kuyibona inzalo yake, andise izinsuku zake, okuhle ku Jehova ku hlanhlazeleke esandhleni sake. 11 U ya kubona oku vela ngosizi lompefumulo wake, aneliswe: ngokwazi kwayo inceku yami elungileyo i ya kuteta abaningi; a twale amacala abo. 12 Ngako ngo m abela nabakulu, a y'abe impango naba namandhla; ngokuba wa tshononozela umpefumulo wake ekufeni, wa balwa kanye nabapambuki: noko wa twala ukwona kwabaningi, wa tayizela abapambuki.

Ukutandwa kweZiyon nguJehova.

54 Yenanela, wena nyumba, o nga zalanga; qumuka wenanele; ntontoloza wena owa u nge na mihelo: ngokuba baningi abantwana besaliwakazi kunabake o ngumfazi wendoda, u sho uJehova. 2 Yandisa indawo yetente lako, ma ba z'elule izisitezo zamakaya ako; u nga zinqandi, yelula izintambo zako, u qinise izikonkwane zako. 3 Ngokuba u ya kusabalala nga kwesokunene na nga kwesokohlo; inzalo yako i ya kudhla izizwe, yenze ukuba amanxiwa akiwe.

4 U ng'esabi; ngokuba a u yi kujaba: u nga bi namahloni, ngokuba a u yi kuyangaza: ngokuba u ya kukohlwa izinhloni zobusha bako; u nga be u sa kumbula isihlamba sobufelokazi bako. 5 Ngokuba umyeni wako nguMenzi wako; uJehova wamabandhla igama lake: oNgcwele ka Israeli u nguMhlengi wako; u ya kubizwa ngokuti, UNkulunkulu womhlaba wonke. 6 Ngokuba uJehova u ku bize njengomfazi oshiyiweyo e moya buhlungu, umfazi wobusha e se lahliwe, u sho uNkulunkulu wako. 7 Isikashana esincane ngi ku shiyile; kodwa ngo ku qoqa ngesihe

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Bonke ba menyelwa emuseni ka Jehova.

esikulu. 8 Ngokupupuma kwolaka nga siteza ubuso bami ku wena isikashana; kodwa ngesihau esimiyo njalo ngo ba nesihe kuwe, u sho uJehova uMhlengi wako.

9 Ngokuba loku ku njengamanzi ka Noa kimina; ngoba njengokufunga kwami ukuba amanzi ka Noa ka sa yi kusibekela umhlaba, ku njalo ngi fungile ukuba a ngi sa yi kukutukutelela, ngi ku kuze. 10 Ngokuba izintaba zi ng'emuka, namagquma a nga gudhluka; kodwa isihau sami a si yi kumuka kuwe, nesivumelwano sami sokutula a si yi kugudhluka, u sho uJehova o nesihe kuwe.

11 Wena sihlupeki, o pepetwa isipepo, u nga duduzeki, bheka, ngo beka amatshe ako ngestibiya, ngi beke izisekelo zako ngamasafire. 12 Ngi ya kuzenza iziqongo zako ngamarubi, namasango ako ngamatshe akazimulayo, nemikaulo yonke yako ngamatshe anqabileyo. 13 Abantwana bonke bako ba ya kufundiswa uJehova; ku be kukulu ukutula kwabantwana bako. 14 U ya kuzinza ngokulunga: u be kude nokahlo, ngokuba a u yi kwesaba; na nokupapateka, ngokuba a ku yi kusondela ku wena. 15 Bheka, ba nga butana, ku nge ngami: aba butanela wena ba ya kuwa ngokumelana kwabo nawe. 16 Bheka, ngi dalile umkandi o vutela umlilo wamalahle, a zikipele isikali somsebenzi wake; ngi m dalile umciti ukuba a bubise. 17 A kuko sikali es'enzelwe ukulwa nawe esi ya kuhlanhlazeleka; zonke izilimi ezi vukela wena ekwahluleleni u ya kuzilahla. Loku ku ifa lezinceku zi ka Jehova, nokulunga kwazo oku vela kimina, u sho Jehova.

55 Minani! nina nonke b'omileyo, wozani emanzini, naye o nge na mali; wozani, tengani, ni dhle; yebo, wozani, tengani iwayini nobisi ku ngeko mali ku nga bizwa luto. 2 Ni yi citelani imali kuko oku nge siko ukudhla na? nesitukutuku senu kuko okungasutisiyo na? ngi laleleni ngesineke, ni dhle loko okuhle, umpefumulo wenu u tamase ngamanoni. 3 Tobisani izindhlebe zenu, ni ze kimi; yizwani, umpefumulo wenu u ya kupila: ngi ya kwenza nani isivumelwano esimiyo njalo, yebo izihau eziqinisekileyo zi ka Davida. 4 Bheka, ngi m nikile a be ufakazi ku bantu, umholi nompati wabantu. 5 Bheka, u ya kubiza isizwe ongasaziyo; isizwe e be si nga kwazi so gijimela kuwe, ngenxa ka Jehova uNkulunkulu wako, ngenxa yoNgcwele ka Israeli; ngokuba u ku ncomile wena.

6 Funani uJehova e se nokutolwa; m bizeni e se seduze: 7 ishinga ma li shiye indhlela yalo, o nga lungile a shiye izizindhlo zake; ma ka buyele ku Jehova, u ya kuba nesihe kuye; a buyele ku Nkulunkulu wetu, ngokuba u ya kutetelela ngokukulu. 8 Ngokuba izizindhlo zami a zi sizo izizindhlo zenu, izindhlela zenu a zi sizo izindhlela zami, u sho uJehova. 9 Ngokuba njengamazulu a pakeme kunomhlaba, ku njalo izindhlela zami zi pakeme kunezindhlela zenu, nezizindhlo zami zi pakeme kunezizindhlo zenu. 10 Ngokuba njengokwehla kwemvula nongqoqwane ezulwini, ku nga buyeli kona, kodwa ku swakamisa umhlaba, ku w'enze ukuba u hlume u kahlele, u m nike imbeu ohlwanyelayo u m nike isinkwa odhlayo; 11 lo ba njalo izwi lami eli puma emlonyeni wami: a li yi kubuyela kimi lize, li ya kufeza engikwenameleyo, li hlanhlazeleke ngento engi li tume ngayo. 12 Ngokuba ni ya kupuma ngentokozo, ni holwe ngokutula: izintaba namagquma ku ya kuqumuka kwenanele pambi kwenu; imiti yonke ya sendhle i shaye ihlombe. 13 Endaweni yomkamba ko mila umfire, endaweni yenkondhlwane ko vela umbomvana: ku be igama ku Jehova, isibonakaliso esimiyo njalo esi nga yi kunqunywa.

56 U ti uJehova, Gcinani ukwahlulela, n'enze ukulunga; ngokuba usindiso lwami lu seduze ukufika, nokulunga kwami ukwambulwa. 2 U busisiwe umuntu o wenza loku, nendodana yomuntu e bambelele kuko; o gcina isabata a nga li du-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukubusiswa kwaba gcina isabata. UIsraeli u konza izitombe.

mazi, o gcina isandhla sake si ng'enzi ububi na bupi. 3 Futi owezizwe o zihlanganise noJehova, ma ka nga kulumi a ti, Impela uJehova u ya kungahlukanisa nabantu bake; umtenwa a nga ti, Bheka, ngi ngumuti owomileyo. 4 Ngokuba u ti uJehova ngabo abatenwa aba gcina amasabata ami, be keta izinto engizenameleyo, be bambelela esivumelwaneni sami: 5 Ngo ba nika endhlini yami na ngapakati kwezindonga zami isikumbuzo negama elihle kunamadodana namadodakazi; ngo ba nika igama elimiyo njalo, eli nga yi kunqunywa.

6 Futi abezizwe aba zihlanganisa noJehova, ukumkonza, nokutanda igama li ka Jehova, ukuba ba be izinceku zake, bonke abaligcinayo isabata ba nga li dumazi, aba bambelela esivumelwaneni sami; 7 ngo ba leta nabo entabeni yami engcwele, ngi ba tokozise endhlini yami yokutandaza: iminikelo yabo eshiswayo nemihlatshelo yabo i ya kwamkeleka elatini lami; ngokuba indhlu yami i ya kutiwa indhlu yokutandaza yezizwe zonke. 8 INkosi uJehova e qoqa abaxoshiweyo ba kwa Israeli i ti, Ngo qoqela kuyo nabanye futi, ngapandhle kwabake aba se be qoqiwe.

9 Nina nonke zilwane za sendhle, wozani ni dhle, yebo, nina nonke zilwane zehlati. 10 Abalindi bake ba izimpumpute, bonke ka ba na kwazi; bonke ba izinja ezi izimungulu, a ba na kukonkota; ba ya pupa, ba lala pansi, ba tanda ukwozela. 11 Yebo, ba izinja ezihahayo, ezi nga ze zi nga suta; laba ba ngabalusi bezimvu aba nge na kuqonda: ba bheka bonke kweyabo indhlela, ilowo e gobela kwesake, be suka ezindaweni zonke. 12 Ba ti, Wozani, ngi ya kuleta iwayini, so sela upuzo olu namandhla; ingomso li be njengenamhla, usuku olukulu oludelisayo.

57 Olungileyo u ya buba, a kako o ku beka enhliziyweni; aba nesihau ba ya suswa, ku nga qondi muntu ukuba olungileyo u suswa ebubini obuzayo. 2 U ya ngena ekutuleni; ba pumula emibedeni yabo, ilowo o hamba ngokuti ngqe.

3 Kodwa sondelani lapa, nina madodana ezanusikazi, inzalo yompingi nesifebe. 4 N'esasa ngobani na? ni sinekela bani umlomo, ni m nyanduzele na? a ni sibo abantwana bokupambuka, inzalo yamanga na? 5 nina enizibhebhezelayo pakati kwemioki, ngapansi kwemiti yonke e luhlaza; ni hlaba abantwana ezihlanjeni, ngapansi kwemifanta yeziwa na? 6 Isabelo sako si sematsheni a bushelezi esihlambo; wona, yiwona o wa zuze ngenkato; ku wona u tululele umnikelo wako wokupuzwa, u nikele umnikelo wempupu. Ngi ya kududuzwa iloku na? 7 Ucansi lwako u lu bekile entabeni ende epakemeyo; w'enyukela kona ukunikela umhlatshelo. 8 Isikumbuzo sako u si misile ngasemva kwezicabha nezinsika: ngokuba u z'ambulile komunye ngapandhle kwami, w'enyuka; wanulile ucansi lwako, wenzile isivumelwano nabo: wa tanda ucansi lwabo lapo wa lu bona kona. 9 Wa ya enkosini u pete amafuta, w'andisa amaka ako, wa tuma kude amanxusa ako, wa zifojisa kwa ze kwa ba seSheoli. 10 Wa katala ngobude bendhlela yako; noko a u shongo ukuti, Ngi delile: wa tola ukuba amandhla ako a vuselelwe; ngako a u banga nobutakataka.

11 Kade u pape ngobani wesaba, ukuba u qambe amanga, u nga ngi kumbulanga mina, u nga ku bekanga enhliziyweni yako na? a ngi tulanga yini seloku kwa tini, u nga ng'esabi na? 12 Ngi ya kuveza ukulunga kwako; imisebenzi yako a i yi kukusiza nga luto. 13 Lapo u kalayo, ma ba k'opule obaqoqileyo; kodwa umoya u ya kubapepula bonke, ukupefumula ku ya kubatata: kepa yena o pepela kimi u ya kulidhla izwe, a dhle ubufa intaba yami engcwele.

14 U ya kuti, Yimbani, yimbani, lungisani indhlela, susani isikubekiso endhleleni yabantu bami. 15 Ngokuba u ti opakemeyo n'o pezulu

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Indhlela embi nelungileyo yokugcina imikosi.

o hlala ebupakadeni, o gama lake li nguNgcwele: Ngi hlala endaweni epakemeyo nengcwele, kanye naye o moya wake u dabukile u tobile ukuba ngi vuselele umoya wotobileyo, ngi vuselele inhliziyo yodabukileyo. **16** Ngokuba a ngi yi kupikisana ku ze ku be nini, a ngi yi kutukutela njalonjalo; ngokuba umoya u nga ti dica pambi kwami, nemipefumulo engiyenzileyo. **17** Nga tukutela ngenxa yobubi bokuhulaza kwake, nga m shaya; nga zisiteza, nga tukutela, naye wa qubeka njalo ekupambukeni ngendhlela yenhliziyo yake. **18** Ngi bonile izindhlela zake, ngo m pilisa: ngi ya kumhola futi, ngi buyisele kuye iziduduzo na kwabalilayo bake. **19** Ngi ya dala izitelo zomlomo: Ukutula, ukutula kuye o kude na kuye o seduze, u sho uJehova; ngo m pilisa. **20** Kodwa amashinga a njengolwandhle olugubhayo; ngokuba a lu na kuzola, amanzi alo a kipa izibi nodaka. **21** U ti uNkulunkulu wami, A kuko ukutula kuwo amashinga.

58 Memeza u pumisele, u nga zinqandi, pakamisa izwi lako njengecilongo, u tshele abantu bami isipambuko sabo, nendhlu ka Jakobe izono zabo. **2** Noko ba ngi funa imihla ngemihla, b'enamela ukuzazi izindhlela zami: njengesizwe es'enza ukulunga, si nga shiyanga isiko li ka Nkulunkulu waso, ba cela kimi izahlulelo ezilungileyo; b'enamela ukusondela ku Nkulunkulu. **3** Ba ti, Si zileleni ukudhla u nga boni? si yi tobiseleni imipefumulo yetu, u nga kwazi? Bheka, osukwini lokuzila kwenu ni fumana ukwenama, ni bandezela zonke izisebenzi zenu. **4** Bheka, ni zilela ukupikisana nengxabano, nokushaya ngesibhakela sobushinga: a ni zileli namhla ukuba ni zwakalise izwi lenu pezulu. **5** Kanti yiloku ukuzila engikuketileyo na? usuku lokuba umuntu a tobise umpefumulo wake na? Ku ukuba umuntu a gebise ikanda lake njengencema, nokuba endhlale ngapansi kwake indwangu yamasaka nomlota na? loku kambe u ya kukubiza ngokuti ukuzila, usuku olu kola uJehova na? **6** A ku siko loku ukuzila engikuketileyo na? ukusombulula izibopo zobushinga, ukutukulula imicilo yejokwe, nokudedela abazukwayo, ba kululeke, nokuba n'apule onke amajokwe na? **7** A ku siko ukuba wabele abalambileyo isinkwa sako, nokuba u lete endhlini yako abampofu abacwasiweyo na? lapo u bona o hambaze u m embese; nokuba u nga zisitezi kwaba inyama yako na? **8** Konake ukukanya kwako ko qamuka njengokusa, ukupiliswa kwako ku hlume masinyane; ukulunga kwako ku hambe pambi kwako; ubucwazicwazi bu ka Jehova bu be okokuvikela ngasemva. **9** Konake u ya kubiza wena, a sabele uJehova; u ya kukala, a ti, Ngi kona.

Uma u susa pakati kwako ijokwe, nokukomba ngomunwe, nokukuluma okubi; **10** uma u kipela abalambileyo isinkwa sako, u sutise umpefumulo ohlupekayo: konake ukukanya kwako ko pumela ebumnyameni, isigayegaye sako si be njengemini enkulu; **11** uJehova u ya kukuhola njalonjalo, a sutise umpefumulo wako ezindaweni ezomileyo, a qinise amatambo ako; wo ba njengensimu ematiswayo, u be njengomtombo wamanzi o manzi awo angapeliyo. **12** Aba vela kuwe ba ya kwaka amazwekufa amadala; u ya kuvusa izisekelo zezizukulwane ngezizukulwane; u bizwe ngokuti uVimb'isikala, uMlungisi wemigudu ukuba ku hlalwe kuyo.

13 Uma u buyisa unyawo lwako kulo isabata, ekwenzeni okwenameleyo ngosuku lwami olungcwele, u bize isabata ngokuti li njengokuhlala kokutamasa, olungcwele lu ka Jehova ngokuti lu nodumo; u li dumise, u nga hambi ngezindhlela zako, u nga funi okukwenamisayo, u nga kulumi amazwi ako: **14** konake u ya kutamasa ku Jehova; ngi ku kwelise ezindaweni ezipakemeyo zomhlaba; ngi ku funze ifa li ka Jakobe uyihlo: ngokuba umlomo ka Jehova u ku kulumile.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku vunywa ububi besizwe.

59 Bhekani, isandhla si ka Jehova a si finyeziwe, ukuba si nga sindisi; indhlebe yake a i nzima ukuba i ng'ezwa: **2** kodwa ububi benu bu n'ahlukanisile noNkulunkulu wenu, izono zenu zi sitile ubuso bake kini ukuba a ng'ezwa. **3** Ngokuba izandhla zenu zi nindekile igazi, neminwe yenu ububi; umlomo wenu u kulume amanga, ulimi lwenu lu vungazela oku nga lungile. **4** A kako o mangalela icala ngokulunga, nolipikelayo ngeqiniso: b'etemba ize, ba kuluma amanga; ba kulelwa ukuhxina, ba zala ububi. **5** Ba camusela amaqanda epimpi, b'aluka indhlu yolwembu: odhlayo amaqanda abo u ya fa; okucotshozwayo ku qamuka ku ba imamba. **6** Izilwembu zabo a zi yi kuba izingubo, a ba yi kuzembesa ngemisebenzi yabo: imisebenzi yabo i yimisebenzi yobubi, isenzo sobudhlova si sezandhleni zabo. **7** Izinyawo zabo zi gijimela ebubini, ba shesha ukupalaza igazi elimsulwa: izizindhlo zabo zi izizindhlo zobubi; ukuqotula nokucita ku semigwaqweni yabo. **8** Indhlela yokutula ka ba y'azi; a kuko ukwahlulela emendweni yabo: ba sontekisile imigudu yabo; ohambayo ngayo ka kwazi ukutula.

9 Ngakoke ukwahlulela ku kude nati, nokulunga a ku si fici: si ya hlalela ukukanya, kanti namboke ubumnyama; si hlalela ukuba li balele, kanti si hamba esigayegayeni. **10** Si ya putaza udonga njengezimpumpute; yebo, si putaza njengaba nge namehlo: si kubeka emini enkulu kungati ku swelele; pakati kwabajaheleyo si njengabantu abafileyo. **11** Si ya gwavuma sonke njengamabere, si lilisela kakulu njengamajuba: si hlalela ukwahlulela, kodwa a kuko; nokusindiswa, kodwa ku kude nati. **12** Ngokuba izipambuko zetu z'andile pambi kwako, nezono zetu zi ya fakaza ngati; ngokuba izipambuko zetu zi kitina, necala letu si ya l'azi: **13** ukupambuka nokumpika uJehova, nokubuyela emva si nga m landeli uNkulunkulu wetu, nokukuluma ukahlo nokwambuka, nokucabanga nokushumayela amazwi amanga a puma enhliziyweni. **14** Ukwahlulela ku buyiselwa emva, nokulunga ku mi kude; ngokuba iqiniso li wele esigcawini, nokute ngqe a ku na kungena. **15** Yebo, iqiniso li silele; naye o suka ebubini u z'enza impango.

UJehova wa ku bona, kwa ba kubi emehlweni ake ngokuba kwa ku ngeko ukwahlulela. **16** Wa bona ukuba a kuko muntu, wa mangala ngokuba wa e ngeko umtayizeli: ngako ingalo yake ya m sindisa; nokulunga kwake kwa m pasa. **17** Wa faka ukulunga njengebantshi lensimbi, nesigqoko sosindiso ekanda lake; wa faka izingubo zokupindisela za ba izambato, wa zimboza ngokushiseka njengebantshi. **18** Njengokupata kwabo u ya kubakokela kanjalo, ukufuteka kubo abayimpi kuye, okwempato yazo eziteni zake; iziqingi u ya kuzikokela okwempato yazo. **19** Ngakoke ba ya kwesaba igama li ka Jehova entshonalanga, nodumo lwake empumalanga; ngokuba u ya kuza njengomfula onyinyekileyo o qutshwa ukupefumula ku ka Jehova. **20** UMhlengi u ya kufika eZiyon, na kubo ababuyayo ekupambukeni kwa Jakobe, u sho uJehova. **21** Ngokwami, nasi isivumelwano sami nabo, u sho uJehova: uMoya wami o pezu kwako, namazwi ami engi wa beke emlonyeni wako, a ka yi kusuka emlonyeni wako, na semlonyeni wenzalo yako, na semlonyeni wenzalo yenzalo yako, u sho uJehova, ku sukela manje ku ze ku be nini.

60 Vuka, u kanye; ngokuba ukukanya kwako ku fikile, ubucwazicwazi bu ka Jehova bu pumele pezu kwako. **2** Ngokuba bheka, ubumnyama bu ya kusibekela umhlaba, ubumnyama obute mbe bu sibekele abantu; kodwa uJehova u ya kupumela pezu kwako, ubucwazicwazi bake bu bonakale pezu kwako. **3** Izizwe zi ya kuza ekukanyeni kwako, namakosi ekupumeni kwako u su te pasha.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Udumo lweZiyon.

4 Pakamisa amehlo ako inxa zonke, u bone: ba butana bonke b'eza kuwe; amadodana ako a ya kuvela kude, namadodakazi ako a ya kugodhlwa ohlangotini. 5 Konake u ya kubona u kanye, inhliziyo yako i vute ngenjabulo yanulwe; ngokuba ingcebo yolwandhle i ya kuguqulelwa kuwe, nemfuyo yezizwe i ya kuza kuwe. 6 Amakamelo a ya kukumboza, amakamelwana a kwa Midiyan na kwa Efa; bonke aba kwa Sheba ba ya kufika; ba lete igolide nenhlaka, ba memezele izindumiso zi ka Jehova. 7 Yonke imihlambi ya kwa Kedare i ya kubutana kuwe, izinqama za kwa Nebayoti zi ya kukukonza; zi ya kwenyukela elatini lami zi ngi kole; ngo cwazimulisa indhlu yobucwazicwazi bami. 8 Obani laba aba ndiza njengefu na? na njengamajuba ezindhlini zawo na? 9 Impela iziqingi zo ngi hlalela, imikumbi ya seTarshishi kuqala, ukuba i lete amadodana ako e vela kude, isiliva negolide lawo kanye nawo, ngenxa yegama li ka Jehova uNkulunkulu wako, ngenxa yoNgcwele ka Israeli, ngokuba u ku ncomile.

10 Abezizwe ba ya kwaka izingange zako, amakosi abo a ku konze: ngokuba ngolaka lwami nga ku shaya, kodwa ngesisa sami nga ba nesihe kuwe. 11 Amasango ako a ya kuhlala e vuliwe njalonjalo; a ka yi kuvalwa emini na sebusuku; ukuba ku letwe kuwe imfuyo yezizwe, namakosi azo e qutshwa. 12 Ngokuba leso sizwe nombuso o nga yi kukukonza u ya kububa; yebo, lezo zizwe zi ya kwenziwa izwekufa impela. 13 Udumo lwa seLebanon lu ya kuza kuwe, umfire nomtidhari, nomkoba kanyekanye, ukuvunulisa indawo yendhlu engcwele yami; ngi ya kuyenza indawo yezinyawo zami i be nodumo. 14 Amadodana abo abakuhlupileyo a ya kuza kuwe e folile; nabo bonke aba be ku delela ba ya kukotamela nga sezinyaweni zako; ba ku bize ngokuti, Umuzi ka Jehova, iZiyon loNgcwele ka Israeli.

15 Ngenxa yokuba u bu shiyiwe u zondwa, ku nga sa dabuli muntu pakati kwako, ngi ya kukwenza u be ubudhlondhlobala obumiyo njalo, injabulo yezizukulwane ngezizukulwane. 16 U ya kuncela futi ubisi lwezizwe, u ncele amabele amakosi; wazi ukuti mina Jehova ngi ngu-Msindisi wako noMhlengi wako, uMninimandhla ka Jakobe. 17 Esikundhleni setusi ngo leta igolide, esikundhleni sensimbi ngo leta isiliva, esikundhleni somuti itusi, esikundhleni samatshe insimbi. Ngi ya kwenza ukutula ku be izinduna zako nokulunga ku be abahxameli bako. 18 Ubudhlova a bu sa yi kuzwakala ezweni lako, ukuqotula nokububisa pakati kwemikaulo yako; kodwa u ya kubiza izingange zako ngokuti uSindiso, u bize amasango ako ngokuti iNdumiso. 19 Ilanga a li sa yi kuba ukukanya kwako emini; nenyanga a i yi kukukanyisela ngokuti bha: kodwa uJehova u ya kuba ukukanya okumiyo njalo kuwe, uNkulunkulu wako a be ubucwazicwazi bako. 20 Ilanga lako a lo ba li sa shona, nenyanga yako a yo b'i sa fa; ngokuba uJehova u ya kuba ukukanya kwako okumiyo njalo, izinsuku zokulila kwako zo pela. 21 Abantu bako ba ya kuba abalungileyo bonke; ba li dhle ubufa izwe ku ze ku be nini, igatsha ela tshalwa imi, umsebenzi wezandhla zami ukuze ngi nconywe. 22 Omncane u ya kuba inkulungwane, nomncinyane a be isizwe esi namandhla: mina Jehova ngi ya kusheshisa loku ngesikati sako.

61 UMoya weNkosi uJehova u pezu kwami; ngokuba uJehova u ngi gcobile ukuba ngi shumayele izindaba ezinhle kwabatobileyo; u ngi tumile ukuba ngi bope abapuk'inhliziyo, ngi memezele ukukululeka kwabatunjwa nokuvulelwa kwababoshiweyo itilongo; 2 ngi memezele umnyaka wesisa si ka Jehova, nosuku lokupindisela ku ka Nkulunkulu wetu; ngi duduze bonke abalilayo; 3 ngi misele abalilayo eZiyon, ngi ba nike iqele esikundhleni somlo-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ta, namafuta enjabulo esikundhleni sokulila, ingubo yokudumisa esikundhleni somoya osindanayo; ukuba ba bizwe ngokuti imiti yokulunga, okutshalwayo uJehova, a ze a nconywe.

4 Ba ya kwaka amazwekufa amadala, ba vuse izindawo ezicitekileyo za kuqala, ba lungise imizi e amanxiwa, incitakalo yezizukulwane ngezizukulwane. 5 Abafokazi ba ya kuma b'aluse izimvu zenu, abezizwe ba be abalimi benu nabapati bezivini zenu. 6 Ni ya kubizwa ngokuti abapristi ba ka Jehova; ni ya kutiwa izikonzi zi ka Nkulunkulu wetu: ni ya kudhla imfuyo yezizwe, ni zincome ngodumo lwazo. 7 Esikundhleni sezinhloni zenu ni ya kuzuza okupindiweyo; esikundhleni sehlazo ba ya kwenanela ngesabelo sabo: ngakoke ezweni labo ba ya kuba nokupindiweyo; intokozo emiyo njalo i ya kuba ku bona. 8 Ngokuba mina, Jehova, ngi ya tanda ukwahlulela okulungileyo ngi zonda ukupanga kanye nokungalungile; ngi ya kubanika inkokelo yabo ngeqiniso, ng'enze nabo isivumelwano esimiyo njalo. 9 Inzalo yabo i ya kwaziwa pakati kwezizwe, nabantwana babo pakati kwabantu: bonke ababababonayo ba ya kubavuma, ukuba ba inzalo e busiswe uJehova.

10 Ngo jabula nokujabula ngo-Jehova, umpefumulo wami u ya kwetaba ngoNkulunkulu wami; ngokuba u ng'ambatisile izingubo zosindiso, wa ngi gqokisa ingubo yokulunga, njengomyeni e zivunulisa ngeqele, na njengomakoti e zihlobisa ngezivunulo zake. 11 Njengokuba umhlaba u veza izitombo żawo, na njengokuba insimu i milisa izinto ezi hlwanyelwe kuyo; ku njalo iNkosi uJehova u ya kumilisa ukulunga nendumiso pambi kwezizwe zonke.

62 Ngenxa yeZiyon a ngi yi kutula, na ngenxa yeJerusalem a ngi yi kupumula, ku ze ku pume ukulunga kwalo njengokusa nokusindiswa kwalo njengesihlanti esivutayo. 2 Izizwe zi ya kubona ukulunga kwako, amakosi onke a bone udumo lwako; u bizwe ngegama elisha, eli ya kuqanjwa umlomo ka Jehova. 3 U ya kuba umqele wokuvunula esandhleni si ka Jehova, nesigqoko sobukosi esandhleni si ka Nkulunkulu wako. 4 A u sa yi kubizwa ngokuti, uShiyiwe; izwe lako a li sa yi kubizwa ngokuti, iNcitakalo: kodwa u ya kubizwa ngokuti uHepeziba, nezwe lako iBewula; ngokuba uJehova u kwenamele, nezwe lako l'endile. 5 Ngokuba njengensizwa i ganwa intombi, ku njalo amadodana ako a ya kuganwa uwe; njengomyeni e jabula ngomakoti, ku njalo uNkulunkulu wako u ya kujabula ngawe.

6 Ngi misile abalindi pezu kwezingange zako, Jerusalem; a ba soze ba tula emini na sebusuku: nina abakumbuzayo uJehova, musani ukuhlaba ikefu, 7 ni nga m niki ikefu a ze a li qinise, a l'enze iJerusalem li be indumiso emhlabeni. 8 UJehova u fungile ngesandhla sake sokunene, na ngengalo yamandhla ake, e ti, Impela a ngi sa yi kuzinika izita zako amabele ako a be ukudhla kwazo; abezizwe a ba yi kupuza iwayini lako olijulukeleyo: 9 kodwa bona abawabutileyo ba ya kuwadhla, ba dumise uJehova; abaliqoqileyo ba ya kulipuza emagcekeni endhlu engcwele yami.

10 Pumani, pumani ngamasango; lungisani indhlela yabantu; yimbani yimbani umgwaqo; ni kipe amatshe awo; ni pakamisele izizwe iduku. 11 Bheka, uJehova u zwakalisile ku ze ku be semikaulweni yomhlaba, e ti, Yishoni kuyo indodakazi ya seZiyon, Bheka, ukusindiswa kwako ku y'eza; bheka, umvuzo wake u naye, inkokelo yake i pambi kwake. 12 Ba ya kubabiza ngokuti, Abantu abangcwele, Abahlengiweyo ba ka Jehova: wena u bizwe ngokuti, uFuniwe, Umuzi o nga shiyiwe.

63 Ubani lona o vela eEdom, o nezingubo ezi bomvu, e vela eBozra na? lo ohlobileyo ngezambato zake, e nyatela ngobukulu bamandhla ake? yimina engi kuluma ngoku-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku landwa izenzo zi ka Jehova endulo. Ku celwa usizo olunjalo.

lunga, ngi namandhla okusindisa. 2 Yini ukuba u be bomvu ngezambato zako, nezingubo zako zi fana nezake o nyatela esikamweni sevini na? 3 Ngi si xove ngedwa isikamo sevini; be ku ngeko kimi noyedwa ku bantu: yebo, nga ba xova ngolaka lwami, nga ba cibiza ngokufuteka kwami; igazi labo li capazele ezingutsheni zami, zi nindekile zonke izambato zami. 4 Ngokuba usuku lokupindisela be lu senhliziyweni yami, nomnyaka wabahlengiweyo bami u su fikile. 5 Nga bheka, a kwa ba biko owokusiza; nga mangala ngokuba ku ngeko owokupasa: ngako ingalo yami ya ngi letela usindiso; ukufuteka kwami kwa ngi pasa. 6 Nga nyatela izizwe ngolaka lwami, nga zi dakisa ngokufuteka kwami, nga cita igazi lazo emhlabatini.

7 Ngi ya kulanda ngezihau zi ka Jehova, nezindumiso zi ka Jehova, njengako konke uJehova a si pate kahle ngako, nobunene bake obukulu kuyo indhlu ya kwa Israeli, a ba pate kahle ngabo njengesihe sake, na ngobuningi besihau sake. 8 Ngoba wa ti, Impela ba ngabantu bami, abantwana aba nga yi kukohlisa: wa ba uMsindisi wabo. 9 Kuzo zonke izinsizi zabo wa ba nosizi, ingelosi yobukona bake ya ba sindisa: ngotando lwake na ngokuhaukela kwake wa ba hlenga; wa ba nqukula wa ba twala ngazo zonke izinsuku zamandulo.

10 Kodwa ba hlubuka, ba w'enza buhlungu uMoya wake ongcwele: ngako wa penduka isita sabo, wa lwa nabo. 11 Wa s'e kumbula izinsuku zamandulo, uMoses nabantu bake, e ti, Upi yena o b'enyuse elwandhle kanyé nabelusi bezimvu zake na? upi yena owa beka uMoya wake ongcwele pakati kwabo na? 12 owa hambisa ingalo yake edumileyo nga kwesokunene si ka Moses? owa dabula amanzi pambi kwabo, ukuba a z'enzele igama elimiyo njalo na? 13 owa ba hambisa kototololo, njengehashi ehlane, a ba kubeka na? 14 Njengezinkomo ez'ehlela esigodini, uMoya ka Jehova wa ba pumuza: ngokunjalo wa hola abantu bako, ukuba u z'enzele igama elidumileyo.

15 Bheka u sezulwini, u bone u sekaya lobungcwele bako nelobucwazicwazi bako; kupi ukushiseka kwako nezenzo zako zobuqwaga? ukulangazela kwenhliziyo yako nesihe sako ku ya tibelwa nga kimi. 16 Ngokuba u nguBaba wena, noma UAbraham e nga s'azi, noIsraeli e nga si vumi: wena Jehova, u nguBaba; igama lako nguMhlengi wetu pakade. 17 Au Jehova, u s'eduselani ezindhleleni zako, u z'enza lukuni izinhliziyo zetu zi nga kwesabi wena na? Buya ngenxa yezinceku zako, izizwe zefa lako. 18 Abangcwele bako ba li dhla ifa isikashana nje: abayimpi kiti ba yi nyatela pansi indhlu yako engcwele. 19 Se si njengabo o nga bonanga u ba busa njengabo aba nga bizwanga ngegama lako.

64 Sengati u nga hxebula amazulu, wehle, izintaba zi zamazame ngenxa yobukona bako, 2 njengokuba umlilo u penjwa ezinsabeni, umlilo u bilisa amanzi; ukwazisa igama lako kwabayimpi kuwe, ukuba izizwe zi gedezele ngobukona bako! 3 Lapo w'enza okwesabekayo e be si nga ku bhekile, w'ehla wena, izintaba za zamazama ngobukona bako. 4 Seloku kwa ba nini abantu a b'ezwanga a ba coshanga na ngendhlebe, iso a li bonanga uNkulunkulu ngapandhle kwako, o sebenzela lowo omhlalelayo. 5 U ya hlangana naye ojabulayo n'o wenza ukulunga, labo abakukumbulayo ezindhleleni zako: bheka, wa tukutela, sa s'onile tina: kade sa hlala kuko, so sindiswa na? 6 Ngokuba tina sonke se si njengongcolileyo, ukulunga konke kwetu ku njengesidwedwe: sonke si gangatekisa okweqabunga; ububi betu bu ya si tuta njengomoya. 7 A kako o teta igama lako, o zivusela ukubambelela kuwe; ngokuba u sitelise ubuso bako kiti, wa si qeda ngenxa yobubi betu.

8 Kalokuke, Jehova, u nguBaba wena; tina si ibumba, wena u ngu-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Impendulo ka Jehova: imivuzo nezijeziso; umhlaba omusha.

mbumbi wetu; tina sonke si ngumsebenzi wesandhla sako. 9 U nga tukuteli kakulu, Jehova, u nga kumbuli ububi njalonjalo: a ke u bone, bheka, tina sonke si ngabantu bako. 10 Imizi yako engcwele i si ihlane, iZiyon se li ihlane, iJerusalem li incitakalo. 11 Indhlu yetu engcwele n'evunulisiweyo lapo obaba ba be ku dumisa kona, i shisiwe ngomlilo; izindawo zetu zonke ezinxanelekileyo zi izwekufa. 12 U ya kuzibamba pezu kwa lezi zinto ezi nje, Jehova, na? u zo tula nje, u si hlupe kakulu na?

65 Ngi funwa ibona aba be nga ngi buzi; ngi funyenwe ibona aba be nga ngi hlwayi: nga ti, Ngi bhekeni, ngi bhekeni, kuso isizwe e be si nga bizwa ngegama lami. 2 Ng'elulile izandhla zami imini yonke ku bantu abahlubukileyo, aba hamba ngendhlela e nga lungile, ngezizindhlo zabo; 3 abantu abangicunulayo njalonjalo emehlweni ami, be hlabela emasimini, be tunqisa impepo pezu kwezitini; 4 aba hlala ematuneni, ba ngenisa ezindaweni ezisitekileyo; aba dhla inyama yengulube, umhluzi wezinto ezi icilo u sezitsheni zabo; 5 aba ti, Yima wedwa, u nga sondeli kimina, ngokuba ngi ngcwele kunawe. Laba ba ngumusi ekaleni lami, umlilo ovutayo lonke usuku. 6 Bheka, ku lotshiwe pambi kwami: a ngi yi kutula, ngi ya kupindisa, yebo, ngo pindisela esifubeni sabo, 7 u ti uJehova, ububi benu kanye nobubi ba oyihlo, aba tunqise impepo ezintabeni, ba ngi capa ngenhlamba emagqumeni: ngako ngi ya kuqala ngi linganisele esifubeni sabo umsebenzi wabo.

8 U ti uJehova, Njengokuba iwayini elisha li tolwa esihlekeni samavini, ku tiwa, U nga s'onakalisi, ngokuba ku kona isibusiso kuso: ngi ya kwenze njalo ngenxa yezinceku zami, ukuze ngi nga z'onakalisi zonke. 9 Ngi ya kuveza inzalo ku Jakobe, ngi veze ku Juda indhlalifa yezintaba zami; abaketiweyo bami ba ya kulidhla, izinceku zami z'ake kona 10 ISharon li ya kuba isibaya sezimvu, isigodi sa kwa Akore si be indawo yokubutisa kwezinkomo zabantu bami abangifunileyo. 11 Kodwa nina enimshiyayo uJehova, ni kohlwa intaba yami engcwele, ni lungisele inHlanhla isitebe, ni gcwalisele isiMiselo iwayini elivutshelweyo; 12 ngi ya kunimisela inkemba, ni guqele nonke ukubulawa; ngokuba lapa ngi biza a ni sabelanga; lapa ngi kuluma a ni zwanga; n'enza okubi emehlweni ami, na keta loko engi nga kwenamelanga.

13 Ngakoke i ti iNkosi uJehova, Bhekani, izinceku zami zi ya kudhla, kepa nina ni ya kulamba; bhekani, izinceku zami zi ya kupuza, kepa nina ni ya kwoma; bhekani, izinceku zami zi ya kutokoza, kepa nina ni ya kujaba; 14 bhekani, izinceku zami zi ya kwenanela ngokwenama kwenhliziyo, kepa nina ni ya kukala ngobuhlungu benhliziyo, ni hxiwule ngokudabuka kwomoya. 15 Ni ya kulishiya igama lenu li be elokubina kwabaketiweyo bami; iNkosi uJehova i ya kukubulala; i bize izinceku zayo ngelinye igama: 16 ukuze ku ti ozibusisayo emhlabeni a zibusise ngoNkulunkulu weqiniso; naye ofungayo emhlabeni a funge uNkulunkulu weqiniso; ngokuba izinsizi za kuqala zi kohlile, na ngokuba zi siteziwe emehlweni ami.

17 Ngokuba, bheka, ngi ya dala izulu elisha nomhlaba omusha; okwa kuqala a ku yi kukunjulwa, ku ngene enhliziyweni. 18 Kodwa jabulani n'etabe njalonjalo nga loko engikudalayo; ngokuba, bheka, ngi dala iJerusalem li be ukwetaba, nabantu balo ba be injabulo. 19 Ngi ya kwetaba ngeJerusalem, ngi jabule ngabantu bami; ku nga bi ku s'ezwakala izwi lokulila ku lona, nezwi lokukala. 20 A ku sa yi kubako ingane yezinsuku, nexegu eli nga zi gcwalisanga izinsuku zalo; ngokuba umntwana u ya kufa e neminyaka e ikulu yobudala, isoni si tukwe si neminyaka e ikulu. 21 Ba ya kwaka izindhlu, ba hlale kuzo; ba tshale

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izahlulelo zi ka Jehova nokukuliswa kweZiyon.

izivini ba dhle izitelo zazo. 22 A ba yi kwaka ku hlale omunye; a ba yi kutshala ku dhle omunye: ngokuba njengezinsuku zomuti zo ba njalo izinsuku zabantu bami, abaketiweyo bami u ya kugugela ku bona umsebenzi wezandhla zabo. 23 A ba yi kuqobekela ize, ba zalele okupapatekisayo; ngokuba ba inzalo yababusisiweyo ba ka Jehova, nabantwana babo kanye nabo. 24 Ko ti be nga ka ngi bizi, ngi sabele; be sa kuluma, ngi zwe. 25 Ku ya kudhla ndawonye impisi necwane, ingonyama i dhle utshani njengenkomo; utuli lu be ukudhla kwenyoka. A ku yi kubako ukulimaza nokububisa kuyo yonke intaba yami engcwele, u sho uJehova.

66 U ti uJehova, Izulu li isihlalo sami sobukosi, umhlaba u isenabelo sezinyawo zami: i yini indhlu eni za kungakela yona na? i yini indawo yami yokupumula? 2 Ngokuba zonke lezi zinto z'enziwe isandhla sami, konke loko kwa vela kanjalo, u sho uJehova: kodwa ngo bheka ku lo muntu, ngi sho yena ompofu o nomoya odabukileyo, otutumelayo ngezwi lami. 3 Yena o hlaba inkomo u njeng'o bulala umuntu; yena o wenza umhlatshelo ngecwane u njeng'o wapula inja intamo; n'o nikela umnikelo u njeng'o nikela igazi lengulube; o shisa inhlaka u njeng'o bonga isitombe. Yebo, ba ziketele izindhlela zabo, umpefumulo wabo wenamela amanyala abo: 4 nami futi ngi ya kuketa ukuntwanaza kwabo, ngi lete pezu kwabo loko aba nenqe ngako; ngokuba lapa ngi biza, a ku sabelanga muntu; lapa ngi kuluma, ka b'ezwanga: b'enza okubi emehlweni ami, ba keta loko engi nga kwenamelanga.

5 Yizwani izwi li ka Jehova, nina enitutumelayo ngezwi lake: Abafo wenu abanizondayo, abanixoshayo ngenxa yegama lami, ba ti, Ma ka dunyiswe uJehova, ukuze si bone intokozo yenu; kodwa yibo aba ya kujaba. 6 Lalelani! Izwi lokuholoba eli vela emzini, izwi eli vela etempelini, izwi li ka Jehova li pindisela impato yezita zake.

7 E nga ka bi na mihelo wa zala; ku nga ka fiki umsiko wake, wa beleta umntwana wesilisa. 8 Ubani owa ke w'ezwa oku njena na? ubani owa ke wa bona okunje na? Izwe li ya kuzalwa ngosuku lunye na? isizwe si beletwe nga sikati sinye na? ngokuba iZiyon li te li sa ba nemihelo qede, la zala abantwana balo. 9 Ngi ya kuleta esizalweni ngi nga zalisi na? u sho uJehova: mina engi nguye ozalisayo ngi zo vala isizalo na? u sho uNkulunkulu wako.

10 Tokozani kanye neJerusalem, n'etabe ngalo, nina nonke enilitandayo: jabulani ngenjabulo kanye nalo, nina nonke enilililelayo; 11 ukuze ni ncele, ni sute ngamabele ezinduduzo zalo; ukuze n'anyise, ni tamase ngobuningi bodumo lwalo. 12 Ngokuba u ti uJehova, Bheka, ngi ya kwelulela kulo ukutula njengomfula, nodumo lwabezizwe njengomnonjana okukulayo: ni ncele nina; ni godhlwe ohlangatini, ni siniswe ni sematangeni. 13 Njeng'o duduzwa unina, ku njalo ngo ni duduza mina; ni duduzeke eJerusalem. 14 Ni ya kukubona, inhliziyo i jabule, namatambo enu a hlume njengohlaza: isandhla si ka Jehova si ya kwaziwa ezincekwini zake, a bhahele izita zake.

15 Ngokuba, bheka, uJehova wo fika nomlilo, izinqola zake zempi zi be njengesivunguvungu; ukubuyisela ulaka lwake ngokufuteka, nokukuza kwake ngamalangabi omlilo. 16 Ngoba uJehova u ya kwahlulela ngomlilo na ngenkemba inyama yonke; aba bulewe uJehova ba ya kuba baningi. 17 Abazingcwelisayo ba zihlambulule ukuya emasimini ngasemva kwomunye o pakati, be dhla inyama yengulube, necilo, nempuku, ba ya kupela kanyekanye, u sho uJehova.

18 Ngokuba ngi ya y'azi imisebenzi yabo nezizindhlo zabo: ko fika isikati sokuba ngi qoqe zonke izizwe nezilimi, zi fike zi bone ubukosi bami. 19 Ngi ya kubeka isibona-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izahlulelo zi ka Jehova nokukuliswa kweZiyon.

kaliso pakati kwazo, ngi tume aba-
sindileyo babo ezizweni, eTarshishi,
na sePuli, na seLudi, aba donsa
umnsalo, na seTubali na seJavan,
eziqingini ezi kude, ezi ng'ezwanga
umbiko ngami, zi nga bonanga no-
bukosi bami; ba ya kulanda ngobu-
kosi bami ezizweni. 20 Ba ya kuleta
bonke abafo wenu be puma ezizweni
zonke ba be umnikelo ku Jehova, be
kwela emahashini, na sezinqolaneni,
na sezinhlakeni, na sezimbongolweni,
na semakamelweni a nejubane, b'eza
entabeni yami engcwele eJerusalem,
u sho uJehova, njengoba aba kwa
Israeli be leta umnikelo ngesitsha
esihlanzekileyo, endhlini ka Jehova.
21 Ngi ya kutata na ku bona aba-
pristi nabaLevi, u sho uJehova.

22 Ngokuba njengaloku amazulu
amasha, nomhlaba omusha, engi ya
kukwenza ku ya kuma pambi kwami,
u sho uJehova, ku njalo inzalo yenu
negama lenu li ya kuma. 23 Ko ti
ku suka ekutwaseni kwenyanga ku
ze ku be kwenye, ku suka esabateni
ku ze ku fike kwelinye, inyama yonke
i fike i kuleke pambi kwami, u sho
uJehova. 24 Ba ya kupuma, ba
buke izidumbu zabantu abapambu-
kileyo kimi: ngokuba impetu yabo
a i yi kufa, nomlilo wabo a u yi
kucishwa; ba ya kuba into enya-
nyekayo kuyo yonke inyama.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

INCWADI KA

JEREMIYA

Ukutunywa kwomprofeti. Uti lomalemondi nembiza ebilayo.

1 Amazwi ka Jeremiya ka Hilekiya, owabapristi aba be seAnatoti ezweni la kwa Benjamin: 2 okwa fika kuye izwi li ka Jehova ezinsukwini zi ka Josiya ka Amon, inkosi ya kwa Juda, ngomnyaka weshumi nantatu wokubusa kwake. 3 La fika futi ezinsukwini zi ka Jehoyakim ka Josiya, inkosi ya kwa Juda, kwa ze kwa ba sekupeleni kwomnyaka weshumi nanye ka Zedekiya ka Josiya, inkosi ya kwa Juda, kwa ze kwa tunjwa iJerusalem ngenyanga yesihlanu.

4 Kwa fika kimi izwi li ka Jehova, li ti, 5 Ngi nga ka ku bumbi esiswini nga kwazi, u nga ka pumi esizalweni nga ku ngcwelisa; ngi ku misile u be umprofeti ezizweni. 6 Nga se ngi ti, Au, Nkosi Jehova! bheka, a ngi kwazi ukukuluma; ngoba ngi umntwana. 7 Kepa wa ti kimi uJehova, Mus'ukuti, Ngi umntwana; ngokuba u ya kuya kubo bonke engi ya kukutuma kubo, u kulume konke engi ya kukuyala kona. 8 U ng'esabi ubuso babo; ngoba ngi nawe ukukopula, u sho uJehova. 9 UJehova wa s'elula isandhla sake, wa tinta umlomo wami; wa ti kimi uJehova, Bheka, ngi bekile amazwi ami emlonyeni wako; 10 bheka, ngi ku misile namhla pezu kwezizwe na pezu kwemibuso, ukuba u sipule, u bidhlize, u bubise, u dilize, wake, u tshale.

11 Futi izwi li ka Jehova la fika kimi, li ti, Jeremiya, u bonani? Nga ti, Ngi bona uti lomalemondi. 12 Wa s'e ti uJehova kimi, U bone kahle: ngokuba ngi li papamele izwi lami ukulifeza.

13 La fika kimi izwi li ka Jehova ngokwesibili, li ti, U bonani? Nga ti, Ngi bona imbiza ebilayo; ubuso bayo bu bheke nganeno i nga senyakato. 14 UJehova wa s'e ti kimi, Okubi ku ya kuqamuka nga senyakato, ku ze pezu kwabo bonke abakileyo ezweni. 15 Ngoba, bheka, ngi ya kubiza imindeni yonke yemibuso ya senyakato, u sho uJehova; i ya kufika, ku be ilowo u beke isihlalo sawo sobukosi ezintubeni zamasango a seJerusalem, nga kuzo izingange zalo inxa zonke, na nga kuyo imizi yonke ya kwa Juda. 16 Ngi ya kukuluma nabo ngokwahlulela kwami ngokubi konke kwabo, ngoba ba ngi shiyile, ba tunqisela impepo abanye onkulunkulu, ba kuleka kuyo imisebenzi yezandhla zabo. 17 Wenake binca ukalo lwako, u suke, u kulume kubo konke engi ku yala ngako: u nga papateki ngabo, funa ngi ku papatekise pambi kwabo. 18 Ngoba, bheka, ngi kwenzile namhla u be umuzi obiyelweyo, insika yensimbi, izingange zetusi kulo lonke izwe, kuwo amakosi a kwa Juda, kuzo izikulu zalo, ku bapristi balo, na ku bantu bezwe. 19 Ba ya kulwa nawe; kodwa a ba yi ku kwahlula; ngoba ngi nawe ukuba ngi k'opule, u sho uJehova.

2 La se li fika izwi li ka Jehova kimi li ti, 2 Hamba, u memeze ezindhlebeni zeJerusalem, u ti, U ti uJehova, Ngi kumbula ngawe isihau sobusha bako, utando lobulobokazi bako; ukungilandela kwako ehlane, ezweni elingahlwanyelwayo. 3 UIsraeli wa e ubungcwele ku Jehova, izandulela zake zokutela kwezwe: bonke abamudhlayo ba ya kubekwa icala; ba ya kwehlelwa okubi, u sho uJehova.

4 Yizwani izwi li ka Jehova, Ndhlu ka Jakobe, nani mindeni yonke yendhlu ka Israeli: 5 u ti uJehova, Oyihlo ba fumene ukungalungi kuni kimi, ukuba ba dedele kude nami, ba landele oku ize ba z'enze ize? 6 A ba shongo nokuti,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Umuntu ma ka zigabise ngokwazi uNkulunkulu. Izitombe noJehova.

fazana, indhlebe yenu a yamkele izwi lomlomo wake; ni fundise amadodakazi enu ukukihla isililo, ku be ilowo a fundise umakelwane wake isililiselo. **21** Ngokuba ukufa kwenyukele ezibukweni zetu, ku ngenile ezindhlini zetu zobukosi; ukunquma abantwana aba pandhle nezinsizwa ezi sezigcawini. **22** Kuluma, u ti, U sho uJehova: Izidumbu zabantu zi ya kuwa njengomquba ensimini obala, na njengesitonto samabele emva kwovunayo, ku nga biko obutayo.

23 U ti uJehova, Ohlakanipileyo ka nga zigabisi ngokuhlakanipa kwake, isiqwaga si nga zigabisi ngobuqwaga baso, ocebileyo ka nga zigabisi ngengcebo yake; **24** kodwa ozigabisayo ka zigabise nga loku, ukuba u nokuqonda, u ya ng'azi, ukuti ngi nguJehova o wenza ngesihau na ngokwahlulela na ngokulunga emhlabeni: ngokuba ngi z'enamele lezi zinto, u sho uJehova.

25 Bheka, zi y'eza izinsuku, u sho uJehova, engi ya kujezisa ngazo bonke abasokileyo ekungasokini kwabo: **26** IEgipite noJuda, noEdom, naba kwa Amon, noMoabe, nabo bonke aba gunda izinwele emacaleni, ab'ake ehlane; ngokuba izizwe zonke a zi sokile, nayo yonke indhlu ya kwa Israeli a i sokile enhliziyweni.

10 Yizwani izwi uJehova alikulumayo kini, nina ndhlu ya kwa Israeli: **2** u ti uJehova, Ni nga fundi indhlela yezizwe, ni nga papateki ngezibonakaliso za sezulwini; ngokuba izizwe zi ya papateka ngazo. **3** Ngoba imikuba yabantu yize; ku gaulwa umuti ehlatini umsebenzi wezandhla zombazi ngembazo. **4** Ba wu hlobisa ngesiliva na ngegolide; ba wu qinisa ngezipikili na ngezando, ukuba u nga gexezeli. **5** Izitombe lezi zi fana namasundu zi baziwe, a zi kulumi: zi dinga ukutwalwa, ngokuba a zi na kuhamba. Ni nga z'esabi; ngokuba a zi na kwenza okubi, futi ukwenza okuhle a kuko kuzo.

6 A muko o njengawe, Jehova; u mkulu, negama lako li kulu ngobuqwaga. **7** Ubani o nga e nga kwesabi wena, Nkosi yezizwe; ngokuba ku ku fanele wena; njengokuba kubo bonke abahlakanipileyo bezizwe, na sebukosini bonke babo, a muko o njengawe. **8** Ba izituntusha neziwula bonkana: ukulaya kwezitombe ku ngumuti nje? **9** Ku kona isiliva eli kandwe izingcwecwe, eli vela eTarshishi, negolide eli vela eUfazi, umsebenzi wenyanga nowezandhla zomkandi wegolide; okuluhlaza nokububende ku izambato zazo, zonke zi umsebenzi wezingcweti. **10** Kepa uJehova u nguNkulunkulu o yenayena; u nguNkulunkulu opilayo, u yiNkosi emiyo njalo: umhlaba u ya zamazama ngolaka lwake, izizwe a zi na kumela ukubhaha kwake.

11 Ni ya kuti kubo, Onkulunkulu aba ng'enzanga amazulu nomhlaba, laba ba ya kububa emhlabeni, na ngapansi kwamazulu.

12 Wenzile umhlaba ngamandhla ake, u zinzisile izwe ngokuhlakanipa kwake, weneke amazulu ngokuqonda kwake. **13** Nxa e pumisela izwi lake ku kona inhlokomo yamanzi ezulwini, u y'enyusa izinkwezane emikaulweni yomhlaba; u y'enzela imvula izinyazi, a kipe umoya ezindhlini zake zengcebo. **14** Bonke abantu se be izituntusha a ba na kwazi; bonke abakandi begolide ba jabiswa ngezitombe zabo ezibaziweyo; ngokuba izitombe zabo esibunjiweyo zi ngamanga, a kuko moya kuzo. **15** Zi yize, into elutayo: ngesikati sokuhanjelwa kwazo zi ya kububa. **16** Yena o isabelo si ka Jakobe a ka njenga lezi; ngokuba yena u ngumbumbi wezinto zonke; uIsraeli u isizwe sefa lake: uJehova wamabandhla igama lake.

17 Buta impahla yako u muke nayo ezweni, wena ohlalayo ekuvinjezelweni. **18** Ngokuba u ti uJehova, Bheka, ngi ya kuzwiba abakileyo ba leli zwe nga lesi sikati, ngi ba xine, ukuba ba ku zwe.

19 Maye mina ngokwapuka kwami! ukukubazwa kwami ku nzima: kepa nga ti, Impela loku ku usizi

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Ba tenjiswa ukuti ba yo buya ekutunjweni.

30 Izwi ela fika ku Jeremiya li vela ku Jehova li ti, 2 U sho uJehova uNkulunkulu ka Israeli, u ti, Loba encwadini amazwi onke engi wa kulume kuwe. 3 Ngoba, bheka, zi y'eza izinsuku, u sho uJehova, engi ya kubuyisa ngazo abantu bami ekutunjweni, uIsraeli noJuda, u sho uJehova; ngi ya kubabuyisela ezweni enga li nika oyise, ba l'ake.

4 Yilawa amazwi awakulumayo uJehova ngoIsraeli na ngoJuda. 5 Ngoba u ti uJehova, Si zwile izwi elitutumelisayo, neli shayisa uvalo, ku nge silo elokutula. 6 Buzani pela, ni bone uma owesilisa wa ke wa beleta na? po, yini ukuba ngi bone amadoda onke e hlala izandhla zawo zi sokalweni njengowesifazana obeletayo, nobuso bonke bu papatekile? 7 Maye! lukulu lolo suku, a luko olu njengalo: lu isikati sosizi lu ka Jakobe, kodwa u ya kusindiswa kuko. 8 Ku ya kuti nga lolo suku, u sho uJehova wamabandhla, ng'apule ijokwe lake entanyeni yako, ngi gqabule imicilo yako; abafokazi a ba sa yi kumkonzisa ngobugqili; 9 ba ya kukonza uJehova uNkulunkulu wabo, noDavida inkosi yabo, engi ya kubavusela yena. 10 Ngakoke u ng'esabi, nceku yami Jakobe, u sho uJehova; u nga papateki, wena Israeli: ngokuba, bheka, ngi ya kukusindisa u kude, nenzalo yako ezweni e tunjelwe kulo; uJakobe u ya kubuya, a zole a tabaye, e ng'esatshiswa muntu. 11 Ngoba ngi nawe, u sho uJehova, ukuba ngi ku sindise; ngoba ngi ya kuziti qotu izizwe zonke engi ku hlakazele kuzo, kepa wena a ngi yi kukuti qotu; ngi ya kukulaya ngokufaneleyo, a ngi yi kukwenza msulwa neze.

12 Ngokuba u ti uJehova, Ukwapuka kwako a ku na kupoliswa, nokukutshazwa kwako ku nzima. 13 A kako na munye o mela icala lako ukuba welashwe: a u na zithobo. 14 Izitandwa zonke zako zi kohliwe uwe; a zi ku funi: ngokuba ngi ku kubazile ngokukubaza kwesita, na ngokulaya k'o nonya, ngobukulu bobubi bako, ngokuba izono zako z'andile. 15 U kalelani ngokwapuka kwako? ubuhlungu bako a bu na kupoliswa: ngobukulu bobubi bako, ngokuba izono zako z'andile ng'enzile lezi zinto kuwe. 16 Ngakoke bonke abakudhlayo ba ya kudhliwa; bonke abayimpi kuwe ba ya kutunjwa bonkana; bonke abakwamukayo ba ya kwamukwa, nabo bonke abakupangayo ngi ya kubakapela ukuba ba pangwe. 17 Ngokuba ngi ya kuhlumisa inyama entsha enxebeni lako, ngi polise ukukutshazwa kwako, u sho uJehova; ngokuba ba ku bizile ba ti, umxoshwa, be ti iZiyon leli eli nga funwa muntu.

18 U ti uJehova: Bheka, ngi ya kubuyisa amatente ka Jakobe ekutunjweni, ngi be nesihe ngamakaya ake; umuzi u ya kwakiwa enxiweni lawo, nendhlu yobukosi i hlalwe njengomkuba wayo. 19 Ku ya kupuma kuko ukubonga nezwi lab'enza igidigidi: ngi ya kubandisa, ba nga bi ingcozana; ngi ya kubadumisa, ba nga ncipazwa. 20 Abantwana babo ba ya kuba njenga kuqala, inhlangano yabo i simamiswe pambi kwami; ngi ya kubajezisa bonke ababacindezelayo. 21 Isikulu sabo si ya kuba esa kubo, nombusi wabo a vele pakati kwabo; ngi ya kumsondeza, a sondele kimi: ngokuba u ngubani yena owa e nesibindi sokusondela kimi? u sho uJehova. 22 Ni ya kuba abantu bami, ngi be uNkulunkulu wenu.

23 Bheka, umoya wesipepo ka Jehova, ukufuteka kwake ku pumile, yebo, isipepo esibenguzayo: si ya kukwishizela ekanda lamashinga. 24 Ulaka oluvutayo lu ka Jehova a lu yi kubuya, e nga k'enzi a feze amasu enhliziyo yake: ngezinsuku zokugcina ni ya kuqonda loku.

31 Nga leso sikati, u ti uJehova, ngi ya kuba uNkulunkulu weminideni yonke ya kwa Israeli, yona i be abantu bami. 2 U ti uJehova, Abantu aba sala enkembeni ba tola umusa ehlane; yebo, uIsraeli mhla ngi ya ukumhlabisa ikefu. 3 UJe-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Incwadi yodaba i ponswa eUfrate. UZedekiya u ya hlubuka.

Bheka, zi y'eza izinsuku, u sho uJehova, engi ya kujezisa ngazo izitombe zalo ezibaziweyo; izinkubele zi ya kububula ezweni lonke lalo. 53 Noma iBabulon l'enyukela ezulwini, noma li qinisa indawo epakemeyo yamandhla alo, noko abaqotuli ba ya kufika kulo be vela kimi, u sho uJehova.

54 Umsindo wokukala u vela eBabulon, nowokububisa okukulu ezweni lamaKaledi! 55 Ngoba uJehova u ya qotula iBabulon, a qede kulo umsindo omkulu; amaza alo a ya duma njengamanzi amakulu; ku zwakele umsindo wokuholoba kwawo: 56 ngokuba ku fike umqotuli kulo, kulo iBabulon, iziqwaga zalo zi banjiwe, iminsalo yazo i fohloziwe; ngokuba uJehova u nguNkulunkulu wemivuzo, u ya kukoka impela. 57 Ngi ya kudakisa izikulu zalo, nezazi zalo, nababusi balo, nezinduna zalo, neziqwaga zalo; ba ya kulala ubutongo ba futi, ba nga be be sa vuka, i sho iNkosi, uJehova wamabandhla igama layo. 58 U ti uJehova wamabandhla: Izingange ezibanzi za seBabulon zi ya kushaywa zi hlikihlwe, amasango alo apakemeyo a tungelwe ngomlilo; abantu ba ya kuqobekela ize, nezizwe zi qobekele umlilo; ba ya kuyeta.

59 Izwi uJeremiya umprofeti a yala ngalo uSeraya ka Neriya ka Maseya, ekuhambeni kwake noZedekiya inkosi ya kwa Juda e ya eBabulon ngomnyaka wesine wokubusa kwake. USeraya wa e induna yehlalankosi. 60 UJeremiya wa loba encwadini okubi konke oku za kwehlela iBabulon, onke lawa mazwi a lotshiwe ngeBabulon. 61 UJeremiya wa ti ku Seraya, Nxa u su fikile eBabulon, bheka, u funde lawa mazwi onke, 62 u ti, E, Jehova, u kulumile nga le ndawo ukuyinquma, ukuba ku nga biko owakileyo kuyo, umuntu nesilwane, kepa i be incitakalo ku ze ku be nini. 63 Ku ya kuti, nxa u su qedile ukufunda le ncwadi, u bope itshe kuyo, u yi ponse eUfrate: 64 u ya kuti, IBabulon li ya kushona kanjalo, li nga be li sa vumbuluka ngokubi engi ya kukwehlisela kulo; njaloke ba ya kuyeta.

Amazwi ka Jeremiya a pela lapa.

52 UZedekiya wa e neminyaka e ngamashumi amabili nanye ekuqaleni kwake ukubusa; wa busa iminyaka e ishumi nanye eJerusalem: igama li ka nina la li nguHamutali ka Jeremiya wa seLibena. 2 W'enza okubi emehlweni ka Jehova, njengako konke a be kwenzile uJehoyakim. 3 Ngoba ngenxa yolaka lu ka Jehova kwehlakala loku eJerusalem na kwa Juda, wa za wa ba lahla ebusweni bake.

UZedekiya wa hlubuka inkosi ya seBabulon. 4 Kwa ti ngomnyaka wesishiyangalolunye wokubusa kwake, ngenyanga yeshumi, ngosuku lweshumi lwenyanga, uNebukadrezare inkosi ya seBabulon wa fika, yena nempi yonke yake eJerusalem, wa ngenisa nga kulo; b'aka izimboniso nga kulo inxa zonke. 5 Umuzi wa vinjezelwa kwa za kwa ba umnyaka weshumi nanye wenkosi uZedekiya. 6 Ngenyanga yesine, ngosuku lwesishiyangalolunye lwenyanga, indhlala ya i kulile emzini, a ku bangako kudhla kwabantu bezwe. 7 Umuzi wa se u fohlwa, amadoda okulwa onke a baleka, a puma emzini ebusuku ngendhlela yesango emkatini wezingange ezimbili, e nga sensimini yenkosi (amaKaledi a e konake nga semzini inxa zonke); a hamba ngendhlela ya seAraba. 8 Kepa impi yamaKaledi ya landela inkosi, ya fica uZedekiya ematafeni a seJeriko, impi yonke yake ya hlakazeka kuye. 9 A yi bambake inkosi, a y'enyusela enkosini ya seBabulon eRibla ezweni la seHamati; ya kipa isinqumo ngayo. 10 Inkosi ya seBabulon ya bulala amadodana ka Zedekiya pambi kwamehlo ake: ya bulala nezikulu zonke za kwa Juda eRibla. 11 Ya kipa amehlo ka Zedekiya; inkosi ya seBabulon ya m bopa ngamaketanga etusi, ya m yisa eBabulon, ya m

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

UJehoyakin u patwa kahle uEvili-merodaki.

li ka Jehoyakin inkosi ya kwaJuda, wa m kipa endhlini yeziboshwa; **32** wa kuluma kahle kuye, wa beka isihlalo sake sobukosi ngapezu kwezihlalo zamakosi a e naye eBabulon, **33** wa m kumula izingubo zobuboshwa. UJehoyakin wa dhla ukudhla pambi kwake njalonjalo izinsuku zonke zokuhamba kwake: **34** Ukudhla kwake, wa piwa ukudhla njalonjalo ku vela enkosini ya seBabulon, isabelo semihla ngemihla kwa za kwa ba usuku lokufa kwake, izinsuku zonke zokuhamba kwake.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

IZILILISELO ZI KA JEREMIYA

Izinsizi zeZiyon elitunjiweyo.

1 Yeka ukuhlala wodwa kwomuzi owa u gcwele abantu!
Se u ngumfelokazi, lowo owa u mkulu pakati kwezizwe!
Lowo owa u inkosikazi pakati kwamazwe u ya teliswa!
2 U kala u kale ebusuku, izinyembezi zawo zi sezihlatini zawo;
A kuko na sinye esiwududuzayo kuzo zonke izitandwa zawo:
Izihlobo zonke zawo zi wu pate ngobundimimbili; se zi izita zawo.
3 UJuda u hambile e dingiswa ukuhlupeka, nobugqili obunzima;
U hlezi pakati kwezizwe, a ka fumani ukupumula:
Bonke abamzingelayo ba m fica ezingcingweni.
4 Izindhlela za seZiyon zi ya lila, ngokuba ku ng'ezi muntu emikosini emisiweyo;
Amasango onke alo a citekile, abapristi balo ba ya kala:
Izintombi zalo zi ya hlupeka, lona li nomunyu.
5 Abayimpi kulo se be inhloko, izita zalo zi cemezekile;
Ngokuba uJehova u li hlupile ngenxa yobuningi bezipambuko zalo:
Izingane zalo zi tunjiwe pambi koyimpi.
6 Ubukosi bonke bu mukile endodakazini ya seZiyon:
Izikulu zalo se zi njengezindhluzele ezi nga fumani idhlelo,
Zi hambile, zi nge namandhla pambi kwabazixoshayo.
7 IJerusalem li ya kumbula ezinsukwini zokuhlupeka kwalo nezinsizi zalo konke okunxanelekileyo kwalo okwa ku kona ku sukela ezinsukwini za sendulo:
Ekuweni kwabantu balo esandhleni soyimpi, ku ngeko olisizayo,
Abayimpi ba li bona, b'enza igidigidi ekucitweni kwalo.
8 IJerusalem l'onile kakulu; ngako se li into enukubeleyo;
Bonke aba be li dumisa ba ya li kesa, ngokuba ba bone ubunqunu balo:
Yebo, li ya kala, li buyela emva.
9 Ukungcola kwalo kwa ku semipetweni yezingubo zalo; a li kumbulanga ukupela kwalo;
Ngakoke l'ehlile ngokumangalisayo; a li na mduduzi:
Bheka, Jehova, ukuhlupeka kwami; ngokuba isita si zikulisile.
10 Oyimpi welulile isandhla sake kuko konke okunxanelekileyo kwalo:
Ngoba li bonile ukuti izizwe zi ngene endaweni yalo engcwele,
Owa yala ngazo ukuba zi nga ngeni embutanweni wako.
11 Abantu bonke balo ba ya kala, ba funa ukudhla;
Ba kipe okunxanelekileyo kwabo ukuba ba tole ukudhla ukuba ba hlumelele umpefumulo:
Bheka, Jehova, u bone; ngokuba se ngi ya nengeka.

12 A ku luto yini kinina nonke eni dhlula ngendhlela?
Bhekani, ni bone ukuba ku kona usizi olu ngangosizi lwami olwenziwa kimi,
A ngi hlupe ngalo uJehova ngosuku lolaka lwake oluvutayo.
13 U tume umlilo ematanjeni ami o vela pezulu, u ya w'ahlula;
Wenekele izinyawo zami ineta, u ngi buyisele emva:
U ng'enze ngi be isikwebu ngi pele amandhla imini yonke.
14 Ijokwe lezipambuko zami li boshwe isandhla sake;
Zi tandelene, z'enyukele entanyeni yami; u xegisile amandhla ami:

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izinsizi zeZiyon elitunjiweyo. Zi vela ku Jehova.

INkosi i ngi kapele ezandhleni zabo, engi nge na kumelana nabo.

15 INkosi i b'enze imbuqa aba namandhla bonke bami pakati kwami;
I ngi bizele umkosi omisiweyo ukupahlaza izinsizwa zami:
INkosi i nyatele intombi, indodakazi ya kwa Juda, njenga sesikamweni sevini.

16 Nga lezi zinto ngi ya kala; iso lami iso lami li ya mululeka izinyembezi;
Ngokuba u kude nami umduduzi o nga e hlumelela umpefumulo wami:
Abantwana bami ba izikwebu, ngokuba isita s'ahlulile.

17 IZiyon li y'elula izandhla zalo; a kako oliduduzayo;
UJehova u yalile ngoJakobe, ukuba abamzungezileyo ba be abayimpi kuye:
IJerusalem li into enukubeleyo pakati kwabo.

18 UJehova u lungile; ngokuba ngi hlubukile ezwini lake:
A ke ni swe, nonke nina zizwe, ni bone usizi lwami:
Izintombi zami nezinsizwa zami zi tunjiwe.

19 Nga biza izitandwa zami, za ngi kohlisa:
Abapristi bami namalunga ami a gqabuka emzini.
Lapo se be zifunela ukudhla ukuba ba hlumelele imipefumulo yabo.

20 Bheka, Jehova; ngoba ngi nosizi; izibilini zami zi ya xapazela;
Inhliziyo yami i ya bhakuzela pakati kwami; ngokuba ngi hlubukile kakulu:
Ngapandhle inkemba i y'amuka, emzini ku kona ukufa.

21 B'ezwile ukuti ngi ya kala; a kako ongiduduzayo;
Zonke izita zami zi zwile ukuhlupeka kwami; zi ya jabula ngokuba u kwenzile:
U ya kuleta usuku olumemezeleyo, zi be njengami.

22 Ububi bonke babo a bu fike pambi kwako;
Yenza kubo njengaloku wenze kimi ngezipambuko zonke zami.
Ngokuba ukukala kwami kuningi, inhliziyo yami i pela amandhla.

2 Yeka ukwembeswa kwendodakazi ya seZiyon iNkosi ngefu olakeni lwayo!
I suse ezulwini isivunulo si ka Israeli wa si ponsa emhlabeni,
A i kumbulanga isenabelo sezinyawo zayo ngosuku lolaka lwayo.

2 INkosi i gwinye amakaya onke ka Jakobe, a i haukanga:
I dilize ekutukuteleni kwayo izinqaba zendodakazi ya kwa Juda;
Ya zi nabalalisa emhlabatini; ya dumaza umbuso nezikulu zawo.

3 I nqume ngolaka lwayo oluvutayo upondo lonke lwa kwa Israeli;
I buyisele emva isandhla sayo sokunene pambi kwesita:
Ya shisa uJakobe njengomlilo olanguzayo odhlayo inxa zonke.

4 I gobe umnsalo wayo njengesita, i qiyamisa isandhla sayo sokunene njengoyimpi,
Ya bulala konke okunxanelekileyo emehlweni:
Etenteni lendodakazi ya seZiyon i tulule ukufuteka kwayo njengomlilo.

5 INkosi i si njengesita, i gwinye uIsraeli;
I gwinye izindhlu zonke zake zobukosi, ya cita izinqaba zake;
Yandise ukububula nembubuzi kuyo indodakazi ya kwa Juda.

6 I suse ngobudhlova idokodo lake ngokungati li elensimu; i cite indawo yake yokuhlangana:
UJehova wenze ukuba ku kohlakale eZiyon umkosi omisiweyo nesabata,
Wa delela inkosi nompristi ngokubhaha kwolaka lwake.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izinsizi zeZiyon zi vela ku Jehova.

7 INkosi i lahlile ilati layo, y'enyanya indhlu yayo engcwele;
I nikele esandhleni sesita izindonga zezindhlu zalo zobukosi:
Zi hlokome endhlini ka Jehova, njenga sosukwini lomkosi omisiweyo.
8 UJehova u hlose ukucita udonga lwendodakazi ya seZiyon;
Welule intambo, ka buyisanga isandhla sake ekugwinyeni:
Wenze ukuba ku lile ugange nodonga; zi hlala nkongolwana kanyekanye.
9 Amasango alo a shone emhlabatini; u bulale imivalo yalo, wa y'apula:
Inkosi yalo nezikulu zalo zi sezizweni lapo u ngeko umteto;
Yebo, abaprofeti balo a ba fumani umbono ku Jehova.
10 Amalunga endodakazi ya seZiyon a hlezi emhlabatini, a tule;
A tele utuli emakanda; a bince indwangu yamasaka:
Izintombi za seJerusalem zi tobela pansi amakanda azo.

11 Amehlo ami a ya pela izinyembezi, izibilini zami zi ya xapazela;
Isibindi sami si tululelwe pansi, ngokuciteka kwendodakazi yabantu bami,
Ngokuba izingane nabancelayo ba te dica ezigcawini zomuzi.
12 Ba ti konina, Api amabele newayini?
Nxa be ti dica njengezinkubele ezigcawini zomuzi,
Nxa be tulula imipefumulo yabo i tululelwa ezifubeni za onina.
13 Ngi nga fakaza ngi tini kuwe na? ngi nga ku fanisa nani, wena ndodakazi ya seJerusalem?
Ngi nga ku linganisa nani ukuba ngi ku duduze, ntombi, ndodakazi ya seZiyon?
Ngokuba ukwapuka kwako ku kulu njengolwandhle: u ng'elashwa ubani?
14 Abaprofeti bako ba ku bonele imibono yamanga n'e duma;
A b'ambulanga ububi bako, ukuba ba ku buyise ekutunjweni,
Kepa ba ku bonele izindaba zamanga nezokuxoshwa.
15 Bonke aba dhlula ngendhlela ba shaya ihlombe ngawe;
Ba ya ncimfa ba nqakuza amakanda abo ngendodakazi ya seJerusalem, be ti,
Imbala, uwo lo umuzi owa u bizwa ngokuti, Ukupelela kwobuhle, o jabulisa umhlaba wonke na?
16 Izita zonke zako zi ku kamisele umlomo wazo;
Zi ya ncimfa, zi gedhle imihlati; zi ti, Si wu gwinyile;
Impela lolu usuku esa si lu bhekile; se si lu fumene, si lu bonile.
17 UJehova wenze a be ku hlosile; u feze izwi lake a be yale ngalo ngezinsuku zamandulo;
U dilizile, a ka haukanga:
Wenze ukuba ku tokoze isita ngawe; wa pakamisa upondo lwabayimpi kuwe.
18 Inhliziyo yabo ya kala eNkosini ya ti:
Ludonga lwendodakazi ya seZiyon, mululeka izinyembezi njengomfula imini nobusuku;
U nga bi nazikau; inhlamvu yeso lako ma i nga kauli.
19 Vuka, u mbongoze ebusuku, ekuqaleni kwemilindo;
Tulula inhliziyo yako njengamanzi pambi kwobuso beNkosi:
Pakamisela izandhla zako kuyo ngenxa yokupila kwezingane zako, ezi pel'amandhla ngokulamba ekuqaleni kwezitaladi zonke.

20 Bheka, Jehova, u bone ukuti wenze ku bani loku!
Abesifazana ba ya kudhla yini inzalo yabo, izingane ezi bungazelwayo na?
A nga bulawa umpristi nomprofeti endhlini engcwele yeNkosi na?

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Isililiselo sohlupekayo. Ku kona itemba emuseni ka Jehova.

21 Ku lele pansi ezitaladini ikaba nexegu;
Izintombi zami nezinsizwa zami zi wile ngenkemba:
U zi bulele ngosuku lolaka lwako; u dicizile, a u haukanga.
22 U memile njenga sosukwini lomkosi omisiweyo, oku banga inqe kimi inxa zonke;
Ngosuku lolaka lu ka Jehova a ku bangako owapepayo nowokulandula:
Labo engababungazelayo nga b'ondhla isita sami si ba qedile.

3 Ngi ngumuntu o bone ukuhlupeka ngentonga yentukutelo yake.
2 U ngi hole wa ngi hambisa ebumnyameni, ku nge siko ekukanyeni.
3 Impela wa ngi pendupendulela isandhla sake imini yonke.
4 Wa gugisa inyama yami nesikumba sami; w'apula amatambo ami.
5 Wake nga kimi, wa ngi haqa ngenyongo na ngokushikashikeka.
6 Wa ngi hlalisa ezindaweni ezimnyama, njeng'aba kade ba fa.
7 U ngi biyele ukuze ngi nga pumi; wenze li be nzima iketanga lami.
8 Yebo, nxa ngi kala, ngi zibika, u ya wu valela umtandazo wami.
9 U biyele izindhlela zami ngamatshe abaziweyo; u zombezisile imigudu yami.
10 U njengebere kimi elingiqamelayo, njengengonyama ezindaweni ezisitekileyo.
11 U pambukise izindhlela zami, wa ngi dhlavuza; wa ng'enza isikwebu.
12 U gobe umnsalo wake, wa ngi misa ngi be isigcibisholo somcibisholo wake.
13 U ngi hlabe ngemisebe yesambo sake ezinsweni zami.
14 Se ngi igidigidi ku bantu bonke ba kiti, nengoma yabo imini yonke.
15 U ngi sutise ngokubabayo, u ng'enze nga zitika ngomhlonyane.
16 W'apula amazinyo ami ngohlalu; wa ngi fulela ngomlota.
17 U lahlele kude nokutula umpefumulo wami; nga kohlwa inhlanhla.
18 Nga se ngi ti, Amandhla ami a pelile, netemba lami eli vela ku Jehova.

19 Kumbula ukuhlupeka kwami nosizi lwami, umhlonyane nenyongo.
20 Umpefumulo wami u sa kumbula loko, u lendhlile pakati kwami.
21 Ngi buyekeza loku enhliziyweni yami; ngako ngi y'etemba.
22 Ku ngesihau si ka Jehova okokuba a si qediwe, ngokuba isihe sake a si peli.
23 Si sha insakavukela; kukulu ukwetembeka kwako.
24 UJehova u isabelo sami, u sho umpefumulo wami; ngako ngi ya kwetemba kuye.
25 UJehova u mnene kwabamhlalelayo, kuwo umpefumulo omfunayo.
26 Kuhle ukwetemba nokuhlalela usindiso lu ka Jehova ngokutula.
27 Kuhle ku muntu ukuba a twale ijokwe ebusheni bake.
28 A ka hlale yedwa a tuke, ngokuba u m etwese lona.
29 A ka beke umlomo wake otulini, uma mhlaumbe li nga ba kona itemba.
30 A ka nikeze isihlati sake komshayayo; a sute isihlamba.
31 Ngokuba iNkosi a i yi kulahla ku ze ku be nini.
32 Ngoba, noma i banga usizi, noko i ya kuba nesihe ngokobuningi besihau sayo.
33 A ku ngokutanda kwayo ukuba i ba hlupe, i ba bangele usizi abantwana babantu.
34 Ukucoboza pansi kwezinyawo iziboshwa zonke zomhlaba,
35 Ukupambukisa ilungelo lomuntu pambi kwobuso boPezu Konke,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku kona itemba emuseni ka Jehova.

36 Ukuqetula umuntu ecaleni lake,
a siko ukubona kweNkosi loko.
37 Ubani oshoyo, kwenzeke, i nga
yalanga iNkosi na?
38 A ku pumi yini okubi nokuhle
emlonyeni woPezu Konke?
39 U kononelani umuntu opilayo,
umuntu e shaywa ngezono
zake?

40 A si penye si pendhle izindhlela
zetu, si buyele ku Jehova.
41 A si pakamisele inhliziyo yetu
kanye nezandhla zetu ku Nku-
lunkulu o sezulwini.
42 Tina si pambukile sa hlubuka;
wena a u tetelelanga.
43 U zimboze ngolaka wa si landela;
wa bulala, a u haukanga.
44 U zimboze ngefu, ku nge dabule
mtandazo.
45 Wa s'enza si be inkunkuma ne-
ngcucu pakati kwezizwe.
46 Izita zonke zetu zi si kamisele
umlomo.
47 S'ehlelwa uvalo nomgodi, noku-
citeka nokubujiswa.
48 Iso lami li ya mululeka imifula
yamanzi ngokubujiswa kwe-
ndodakazi yabantu ba kiti.
49 Iso lami li popozelela pansi, li
nga kauli, a kuko sikau.
50 A ze a bheke pansi uJehova, a
bone e sezulwini.
51 Iso lami li w'enza buhlungu
umpefumulo wami, ngenxa ya-
madodakazi onke omuzi wa
kiti.
52 Aba izita zami ngeze ba ngi zinge-
le, ba ngi zingela njengenyoni.
53 Ba nqume ukupila kwami emgo-
dini, ba ponse itshe pezu
kwami.
54 Amanzi a hambe pezu kwekanda
lami; nga ti, Ngi nqanyuliwe.

55 Nga teta igama lako, Jehova, ngi
semgodini o pansi du.
56 W'ezwa izwi lami; ma u nga
sitezi indhlebe yako ekupefu-
zeleni kwami, ekukaleni kwami.
57 Wa sondela mhla ngi ku biza;
wa ti, U ng'esabi.
58 Nkosi, u zi melele izindaba zo-
mpefumulo wami; wa hlenga
ukupila kwami.
59 Jehova, u bonile ukuqetulwa
kwami; yahlulela indaba yami.
60 U bonile ukupindisa konke kwa-
bo nokuceba konke kwabo
ngami.
61 U zwile isihlamba sabo, Jehova,
nokuceba konke kwabo ngami,
62 Umlomo wabangivukelayo noku-
zindhla kwabo ngami usuku
lonke.
63 Bheka ukuhlala kwabo, nokusu-
kuma kwabo; ngi ingoma yabo.
64 U ya kubavuza, Jehova, nje-
ngomsebenzi wezandhla zabo.
65 U ya kubanika ubulukuni be-
nhliziyo, isiqalekiso sako kubo.
66 U ya kubalandela ngolaka, u ba
shabalalise pansi kwezulu li
ka Jehova.

4 Yeka ukugqwala kwegolide! yeka
ukuguquka kwegolide elicwe-
ngekileyo!
Amatshe endhlu engcwele a citi-
we ekuqaleni kwezitaladi zonke.
2 Amadodana a igugu a seZiyon,
a naniseka ngegolide elihle,
Yeka ukwaziswa kwawo njenge-
mikele yebumba, umsebenzi
wezandhla zombumbi!
3 Amakanka nawo a kipa ibele, a
ncelisa amazinyane awo:
Indodakazi yabantu bami i si
nonya, njengezintshe ehlane.
4 Ulimi loncelayo lu namatele olwa-
ngeni lwake ngokwoma:
Izingane zi cela isinkwa, a kako
ozihlepulelayo.
5 Labo aba be dhla izibiliboco ba
izikwebu ezitaladini:
Aba b'ondhliwa bembata ezibo-
mvu ba sosobala emazaleni.
6 Ngokuba ububi bendodakazi ya-
bantu bami bu kulu kunesono
sa seSodom,
Ela citwa ngokupazima kweso,
ku nga galelanga zandhla kulo.
7 Izidukwana zayo za zi cwebile
kunongqoqwane, za zi mhlope
kunobisi;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukuhlupeka kwomuzi u vinjezelwe. Ku lilwa ngokutunjwa.

Za zi intotombela kunamakorali ngomzimba, ukutopa kwazo kwa ku njengokwesafire.

8 Ubuso bazo bu mnyama kunelahle; a z'aziwa ezitaladini:
Isikumba sazo si ya namatela ematanjeni azo; si shwabene, se si njengoti.

9 Aba bulewe ngenkemba ba nenhlanhla kunaba bulewe indhlala;
Ngokuba laba ba ya sinya, be bokodiwe, ngokuswela ukudhla kwensimu.

10 Izandhla zabesifazana aba nesihe zi peke abantwana babo;
Ba ba ukudhla kwabo ekubujisweni kwendodakazi yabantu bami.

11 UJehova u fezile ukufuteka kwake, wa tulula ulaka lwake oluvutayo;
U tungele ngomlilo iZiyon, o qede izisekelo zalo.

12 Amakosi omhlaba ka kolwanga, nabakileyo bonke bezwe,
Ukuti ku za kungena oyimpi nesita emasangweni eJerusalem.

13 Ku ngenxa yezono zabaprofeti balo, na ngenxa yobubi bababapristi balo,
Aba palaze igazi labalungileyo pakati lwalo.

14 Ba ya zulazula njengezimpumpute ezitaladini, ba nindekile igazi,
Ngangoba a zi na kutintwa izingubo zabo.

15 Kwa menyezwa kubo ukuti, Sukani; ni ngcolile! sukani, sukani, ni nga tinti!
Lapo be baleka ba zulazula, kwa tiwa pakati kwabezizwe, A ba yi kupinda ba ti gozololo lapa.

16 Ulaka lu ka Jehova lu ba hlakazile; ka yi kupinda a ba nake:
Ka ba tusanga ubuso babapristi, ka ba banga na musa ku malunga.

17 Tina, amehlo etu a ya pela na kaloku ngokubheka usizo lwetu olu ize:
Ekulindeni kwetu sa linda isizwe esi nge na kusindisa.

18 Ba zingela izinyawo zetu, si nge hambe ezigcawini zetu:
Ukupela kwetu ku seduze, izinsuku zetu zi gcwalisekile; ngokuba ukupela kwetu ku fikile.

19 Abasixoshayo ba be nejubane kunezinkozi za sezulwini:
Ba si joka ezintabeni, ba si qamela ehlane.

20 Umoya wamakala etu, ogcotshiweyo ka Jehova, wa bajwa emagebeni abo;
Esa ti ngaye, Si ya kuhlala emtunzini wake ezizweni.

21 Jabula u tokoze, ndodakazi ya seEdom, eyakileyo ezweni la kwa Uze:
Indebe i ya kudhlulela na kuwe; u ya kudakwa, u z'enze bunqunu.

22 Ku fezekile ukushaywa ngobubi bako, ndodakazi ya seZiyon; ka yi kupinda a ku tumbe:
U ya kuhambela ububi bako, ndodakazi ya seEdom; u ya kwambula izono zako.

5 Kumbula, Jehova, okusehleleyo:
Bheka, u bone isihlamba setu.

2 Ifa letu se li ngelabafokazi,
Izindhlu zetu se zi ngezabezizwe.

3 Si izinkedama a si na baba;
Omame ba njengabafelokazi.

4 Amanzi etu si wa puze ngemali;
Izinkuni zetu zi za ngentengo.

5 Abasixoshayo ba sezintanyeni zetu:
Si katele, a si na kupumula.

6 Si nike isandhla aba sEgipite,
NamaAsiriya, ukuba si sutiswe ngesinkwa.

7 Obaba b'ona, a ba seko;
Si twele ububi babo.

8 Si buswa izigqili:
A muko o si hlangulisa esandhleni sazo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku tandazelwa umusa.

9 Si tola ukudhla kwetu ngokuzidela amatambo,
Ngenxa yenkemba ya sehlane.
10 Isikumba setu si fusekile njengeziko,
Ngesivutevute sendhlala.
11 Ba poqa abesifazana eZiyon,
Izintombi emizini ya kwa Juda.
12 Izikulu za panyekwa isandhla sabo:
Ubuso bamalunga a bu hlonitshwanga.
13 Izinsizwa za twala amatshe okugaya;
Abantwana ba kubeka be twele izinkuni.
14 Amalunga a kaulile ukuya esangweni,
Nezinsizwa ezingomeni zazo.
15 Ku kaukile ukujabula kwenhliziyo yetu;
Ukusina kwetu ku penduke ukulila.
16 Umqele u wile ekanda letu:
Maye tina! ngokuba s'onile.
17 Ngenxa ya loku inhliziyo yetu i pel'amandhla;
Ngenxa ya loku amehlo etu a fipele;
18 Ngenxa yentaba iZiyon ecitekileyo:
Izimpungushe zi hamba pezu kwayo.

19 Kepa wena, Jehova, u mi ku ze ku be nini;
Isihlalo sako sobukosi si kona ezizukulwaneni ngezizukulwane.
20 Yini ukuba u kohlwe yitina njalonjalo.
U si shiye ku ze ku be izinsuku eziningi kangaka na?
21 Si buyisele kuwe, Jehova, so buya;
Yenza zi be zintsha izinsuku zetu njenga sendulo.
22 Kepa u si nqabile nokusinqaba;
U si tukutelele kakulu.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

UMikayeli u zo siza ngesikati sokuhlupeka. Esokupela.

12 Nga leso sikati u ya kuma uMikayeli, isikulu esi negama esi mele abantwana babantu ba kini; ku ya kuba kona isikati sosizi esi nga zanga si be kona seloku kwa ba kona isizwe ku ze ku be leso sikati: nga leso sikati abantu ba kini ba ya kuhlanguliswa, bonke aba ya kufunyanwa be lotshiwe encwadini. **2** Abaningi baba lele otulini lomhlaba ba ya kupapama, abanye ba be nokupila okumiyo njalo, abanye ba be nesihlamba, ba be into enyanyekayo njalonjalo. **3** Abahlakanipileyo ba ya kukanya njengokukanya kwesibakabaka; nabo abaguqulela abaningi ekulungeni ba kanye njengezinkanyezi ku ze ku be nini na nini. **4** Kepa wena, Daniyeli, vala amazwi, u namatelise ngopau incwadi, ku ze ku be sesikatini sokupela: abaningi ba ya kukenketa, kwande ukwazi.

5 Nga se ngi buka, mina Daniyeli, nakoke, ku mi abanye ababili, omunye ogwini lomfula nganeno, nomunye ogwini lomfula ngapesheya. **6** Kwa tiwake ku muntu ow'embete ilineni, o be ngapezu kwamanzi omfula, Ko za ku be nini ukupela kwa le mimangaliso na? **7** Ng'ezwa umuntu ow'embete ilineni, o be ngapezu kwamanzi omfula, lapa e pakamisela isandhla sokunene sake nesokohlo sake nga sezulwini, wa funga opilayo ku ze ku be nini ukuti ko ba okwesikati, nezikati, nenxenye; ko ti lapa se be qedile ukupahlaza amandhla abantu abangcwele, loku konke ku qedwe. **8** Ng'ezwa, a nga ze nga qonda: nga se ngi ti, Au, nkosi yami, ku ya kuba yini ukugcina kwa lezi zinto na? **9** Wa ti, Hamba, Daniyeli; ngokuba amazwi a valiwe a namatelisiwe ngopau ku ze ku be isikati sokupela. **10** Abaningi ba ya kuzipotula, ba z'enze mhlope, ba cwengiswe; kodwa amashinga a ya kushinga; a muko kuwo amashinga o ya kuqonda; ku ya kuqonda abahlakanipileyo. **11** Ku sukela esikatini sokususwa kwomnikelo oshiswayo wa futi, nokumiswa kwamanyala acitakalisayo, ko ba kona izinsuku ezi inkulungwane namakulu amabili namashumi a isishiyangalolunye. **12** U busisiwe ohlalelayo, e finyelela ezinsukwini ezi inkulungwane namakulu amatatu namashumi amatatu nesihlanu. **13** Kepa hambake wena ku ze ku be sekupeleni; ngoba wo pumula, u me esabelweni sako ekupeleni kwezinsuku.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

INCWADI KA

HOSEYA

Umfazi nabantwana ba ka Hoseya.

1 Izwi li ka Jehova ela fika ku Hoseya ka Beri, ngezinsuku zi ka Uziya, noJotam, noAhazi, noHezekiya, amakosi a kwa Juda, na ngezinsuku zi ka Jeroboam ka Jowashe, inkosi ya kwa Israeli.

2 Ekuqaleni kwokukuluma ku ka Jehova ngoHoseya, uJehova wa ti ku Hoseya, Hamba, u zitabatele umfazi wobufebe nabantwana bobufebe; ngokuba izwe li ya feba nokufeba, li muka ku Jehova. 3 Wa yake wa tabata uGomeri ka Diblayim; wa kulelwa, wa m zalela indodana. 4 UJehova wa ti kuye, Yi te igama ngokuti uJezereli; ngokuba ku se zo kuba isikashana nje, be se ngi pindisele igazi li ka Jezereli pezu kwendhlu ka Jehu, ngi w'enze u pele umbuso wendhlu ya kwa Israeli. 5 Ko ti nga lolo suku ng'apule umnsalo ka Israeli esigodini sa kwa Jezereli. 6 Wa buya wa kulelwa, wa zala indodakazi. UJehova wa ti kuye, Yi te igama ngokuti uLo-ruhama; ngokuba a ngi sa yi kupinda ngi be nesihe kuyo indhlu ya kwa Israeli, ukuba ngi ba tetelele nokubatetelela. 7 Kepa ngo ba nesihe kuyo indhlu ya kwa Juda, ngi ba sindise ngoJehova uNkulunkulu wabo, ngi nga ba sindisi ngomnsalo, na ngenkemba, na ngokulwa, na ngamahashi, na ngabakwel'amahashi. 8 E se m lumulileke uLo-ruhama, wa kulelwa, wa zala indodana. 9 Wa ti uJehova, Yi te igama ngokuti uLo-ami; ngokuba a ni sibo abantu bami, a ngi yi kuba uNkulunkulu wenu.

10 Noko umumo waba kwa Israeli wo ba ngangesihlabati solwandhle, esi nge na kulinganiswa, esi nge na kubalwa; ko ti endaweni lapo kwa tiwa kubo, A ni sibo abantu bami, ku tiwe kubo, Ni ngamadodana ka Nkulunkulu opilayo. 11 Aba kwa Juda naba kwa Israeli bo butana ndawonye, ba zimisele inhloko i benye, b'enyuke ba pume ezweni; ngokuba lu ya kuba lukulu usuku lu ka Jezereli.

Ku kuzwa ukungatembeki kwabantu.

2 1 Yishoni ku bafo wenu, ni ti, Ami; na kodade wenu, ni ti, Ruhama.

2 Pikisanani nonyoko, pikisanani; ngoba ka siye umkami, nami a ngi siyo indoda yake; ma ka suse ubufebe bake ebusweni bake, nokupinga kwake emkatini wamabele ake; 3 funa ngi m hlubule a be nqunu, ngi m mise njenga sosukwini a zalwa ngalo, ngi m enze a be njengehlane, ngi m beke njengezwe eli ugwadule, ngi m bulale ngokwoma. 4 Yebo, na ku bantwana bake a ngi yi kuba na sihe; ngokuba ba ngabantwana bobufebe; 5 ngoba unina u febile; yena owabakulelayo wenze oku izinhloni; ngokuba wa ti, Ngo landela izitandwa zami, ezi ngi nika isinkwa sami namanzi ami, noboya bami bezimvu neflakisi lami, namafuta ami nokwokupuzwa kwami. 6 Ngakoke bheka, ngo biya indhlela yako ngotatawe, ng'ake udonga nga kuye, ukuze a nga fumani imigudu yake. 7 U ya kulandela izitandwa zake, a nga zi fici; u ya kuzifuna, a nga zi fumani: a be se ti, Ngo hamba ngi buyele endodeni yami yokuqala; ngokuba nga ngi hlezi kahle nga leyo nkati kuna kaloku.

8 Ngokuba wa e ng'azi ukuba yimina owa m nika amabele, newayini elisha, namafuta, ng'andisa kuye isiliva negolide, aba ku sebenzisa be konza uBale. 9 Ngakoke ngo buya ngi tabate amabele ami ngesikati sawo, newayini lami elisha ngomzuzu walo, ngi m amuke uboya bami bezimvu neflakisi lami lokumboza ubunqunu bake. 10 Kaloku ngi ya kwambula amanya ake emehlweni ezitandwa zake, a muko o ya kumopula esandhleni sami. 11 Ngi ya kukwenza ku pele konke ukujabula

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Ku ncengwa uIsraeli ukuba a buyele ku Jehova.

batani amazwi, ni buyele ku Jehova: ni ti kuye, Susa ububi bonke, u kwamkele okuhle: so ti si nikele okwemilomo yetu njengamaduna. 3 IAsiriya a li yi kusisindisa; a si yi kukwela amahashi; a si sa yi kusho futi emsebenzini wezandhla zetu ukuti, Bonkulunkulu betu; ngokuba nguwe izinkedama ezi zuza isihe kuye.

4 Ngo pilisa ukuhlehla kwabo, ngo ba tanda ngesihle; ngokuba ulaka lwami lu buyile kuye. 5 Ngi ya kuba njengombete ku Israeli; wo kahlela njengomnduze, a gxilise izimpande zake njengeLebanon. 6 Amasaba ake a ya kwenaba, ubuhle bake bu be njengomnqumo, ipunga lake li be njengeLebanon. 7 Bona aba hlala emtunzini wake ba ya kubuya; bo hlumeleleka njengamabele, ba kahlele njengomvini: ulwasi lwake lu be njengewayini la seLebanon. 8 UEfrayim u ya kuti, Ngi se na ndabani nezitombe na? Ngi pendulile, ngi ya kumnaka: ngi njengomfire oluhlaza; isitelo sako si ya funyanwa kimi.

9 Ubani ohlakanipileyo, ukuba a qonde loku? ubani o nengqondo, ukuba a kwazi na? ngokuba izindhlela zi ka Jehova zi te ntse, abalungileyo bo hamba ngazo; kepa izipambuki zi ya kuwa ngazo.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

INCWADI KA

AMOSI

UNkulunkulu wahlulela izizwe ezibahaqileyo.

1 Amazwi ka Amosi, owa e pakati kwabalusi ba seTekowa, awabonayo ngoIsraeli ngezinsuku zi ka Uziya inkosi ya kwa Juda, na ngezinsuku zi ka Jeroboam ka Jowashe inkosi ya kwa Israeli, iminyaka emibili ngapambi kwokuzamazama kwomhlaba.

2 Wa ti, UJehova u ya kubhonga e seZiyon, a pumise izwi lake e seJerusalem; amadhlelo abalusi a ya kulila, isiqongo seKarmeli si bune.

3 U ti uJehova: Ngenxa yezipambuko ezintatu zeDamaseku, yebo, ngenxa yezine, a ngi yi kupambukisa ukushaywa kwalo; ngokuba ba bhule iGiliyadi ngezibhulo zensimbi. 4 Ngo tuma umlilo endhlini ka Hazayeli, u dhle izindhlu zobukosi zi ka Ben-hadadi. 5 Ngi ya kwapula umvalo weDamaseku, ngi nqume owakileyo esigodini sa seAven, naye o pete intonga yobukosi endhlini ya seEden; abantu ba seSiriya ba tunjelwe eKiri, u sho uJehova.

6 U ti uJehova: Ngenxa yezipambuko ezintatu zeGaza, yebo, ngenxa yezine, a ngi yi kupambukisa ukushaywa kwalo; ngokuba ba tumba abantu bonke, ukuba ba ba kapele ku Edom. 7 Ngo tuma umlilo pezu kwogange lweGaza, u dhle izindhlu zalo zobukosi. 8 Ngo nquma owakileyo eAshdodi, naye o pete intonga yobukosi eAshkelon; ngo buyisela isandhla sami nga kulo iEkron; insali yamaFilisti i bube, i sho iNkosi uJehova.

9 U ti uJehova: Ngenxa yezipambuko ezintatu zeTire, yebo, ngenxa yezine, a ngi yi kupambukisa ukushaywa kwalo; ngokuba ba ba kapela abatunjiweyo bonke ku Edom, a ba kumbulanga isivumelwano sobuzalwane. 10 Ngo tuma umlilo ogangeni lweTire, u dhle izindhlu zalo zobukosi.

11 U ti uJehova: Ngenxa yezipambuko ezintatu zi ka Edom, yebo, ngenxa yezine, a ngi yi kupambukisa ukushaywa kwake; ngokuba wa jinga umfo wabo ngenkemba, wa lahla isihe sonke, ulaka lwake lwa dwengula njalonjalo, wa gcina intukutelo yake kwa ze kwa ba nini na nini. 12 Ngo tuma umlilo pezu kweTeman, u dhle izindhlu zobukosi za seBozra.

13 U ti uJehova: Ngenxa yezipambuko ezintatu zaba kwa Amon, yebo, ngenxa yezine, a ngi yi kupambukisa ukushaywa kwabo; ngokuba ba qaqa abakulelweyo ba seGiliyadi, ukuze b'anule umkaulo wabo. 14 Ngo tungela umlilo ogangeni lweRaba, u dhle izindhlu zalo zobukosi ngenhlokomo ngosuku lokulwa, ngesipepo ngosuku lwesivunguvungu; 15 inkosi yabo i ya kuhamba i tunjiwe, yona nezikulu zayo kanyekanye, u sho uJehova.

2 U ti uJehova: Ngenxa yezipambuko ezintatu zi ka Moabe, yebo, ngenxa yezine, a ngi yi kupambukisa ukushaywa kwake; ngokuba wa shisa amatambo enkosi ya kwaEdom a ba umcako. 2 Ngo tuma umlilo pezu ku ka Moabe, u dhle izindhlu zobukosi za seKeriyoti; uMoabe u ya kufa ku xokozelwa, ku hlokonywa, ku kaliswa icilongo; 3 ngi nqume umahluli pakati kwake, ngi bulale izikulu zonke zake kanye naye, u sho uJehova.

4 U ti uJehova: Ngenxa yezipambuko ezintatu zi ka Juda, yebo, ngenxa yezine, a ngi yi kupambukisa ukushaywa kwake; ngokuba ba nqabile umteto ka Jehova, a ba gcinanga izimiso zake; amanga abo

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Ukubuyiswa kwabantu ba ka Nkulunkulu.

izinsuku zi y'eza, u sho uJehova, lapo olimayo wo fica ovunayo, n'o nyatela amavini a fice o hlwanyela imbeu; izintaba zi tonse iwayini elimnandi, namagquma onke a ncibilike. **14** Ngo buyisa abantu bami uIsraeli ekutunjweni, bake imizi ecitakeleyo, ba hlale kuyo; ba ya kutshala izivini, ba puze iwayini lazo; b'enze amasimu, ba dhle ukudhla kwawo. **15** Ngo ba tshala ezweni labo, ba nga be be sa sishulwa futi ezweni labo engi ba nike lona, u sho uJehova uNkulunkulu wako.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

INCWADI KA

OBADIYA

UEdom u ya kutotshiswa.

1 Umbono ka Obadiya.

I ti iNkosi uJehova ngo Edom: Si zwile imbiko e vela ku Jehova, inxusa li tunyiwe kuzo izizwe, li ti, Vukani, ma si li vukele ngokulwa. 2 Bkeka, ngi kwenze wa ba mncane pakati kwezizwe: u de lelekile kakulu wena. 3 Ukuziqenya kwenhliziyo yako ku ku kohlisile, wena o hlezi emitantwini yamawa, o ndawo yake yokuhlala i pakeme; o ti enhliziyweni yake. Ubani o ya kungehlisela pansi? 4 Noma wenyukela pezulu njengokozi, noma isidhleke sako si bekwa pakati kwezinkanyezi, ngo kwehlisa lapo, u sho uJehova.

5 Uma amasela e be fika kuwe, nabapangi ebusuku (yeka ukucitwa kwako!), ba be nga yi kweba kupela ba ze b'aneliswe na? uma abavuni bamavini be be fika kuwe, be be nga yi kushiya umkotozo na? 6 Yeka ukuyalulwa kwezinto zi ka Esau! yeka ukufunisiswa kwezingcebo zake ezitukusiweyo! 7 Bonke abantu aba vumelene nawe ba ku kapile, kwa ze kwa ba semkaulweni: abantu aba be hlalisene kahle nawe ba ku kohlisile, ba kwahlula; aba dhla isinkwa sako ba beka isihibe pansi kwako: a kuko ukuqonda kuye. 8 A ngi yi kububisa abahlakanipileyo kwa Edom nga lolo suku na? u sho uJehova, nokuqonda entabeni ka Esau na? 9 Iziqwaga zako, Teman, zi ya kupapateka, ukuze bonke ba nqunywe entabeni ka Esau ngokucekelwa pansi.

10 Ngenxa yobudhlova ob'enziwe ku mfo wenu uJakobe, u ya kumbozwa ukujaba, u nqunywe ku ze ku be nini. 11 Ngosuku ow'ema ngalo u bhekene naye, ngosuku abafokazi aba tumba ngalo imfuyo yake, nabezizwe ba ngena emasangweni ake, b'enza inkato ngeJerusalem, nawe wa u njengomunye wabo. 12 Kepa u nga buki usuku lomfo wenu

UIsraeli u ya kupakanyiswa.

ngosuku lokwehlelwa kwake umhlola, u nga tokozi pezu kwaba kwa Juda ngosuku lokubujiswa kwabo; u nga qhalazi ngosuku lokukatazeka. 13 U nga ngeni esangweni labantu bami ngosuku lwamahlekelele abo; yebo, u nga buki usizi lwabo ngosuku lwamahlekelele abo; ni nga yisi isandhla kuyo imfuyo yabo ngosuku lwamahlekelele abo. 14 U ng'emi emahlukanandhlela, ukuba u bulale abasindileyo bake; u nga kapeli abokulandula bake ngosuku lokukatazeka.

15 Ngokuba usuku lu ka Jehova lu sondele pezu kwezizwe zonke: njengaloku wenzile wena, ku ya kwenziwa kanjalo kuwe; impato yako yo buyela pezu kweka nda lako. 16 Ngokuba njengaloku ni puzile entabeni yami engcwele, ku njaloke izizwe zonke zi ya kupuza njalonjalo; yebo, zi ya kupuza, zi gwinsize, zi be njengokungati a zi zanga zi be kona.

17 Kepa entabeni iZiyon ko ba kona abasindileyo, i be ngcwele; indhlu ya kwa Jako be i ya kuba nako okwa ku okwabo. 18 Indhlu ya kwa Jakobe i ya kuba umlilo, indhlu ya kwa Josefa i be ilangabi, indhlu ya kwa Esau i be izibi, ba shise pakati kwazo, ba zi dhle; a ku yi kubako nowokulandula endhlini ya kwa Esau; ngoba uJehova u ku kulumile. 19 Aba seNingizimu ba ya kudhla intaba ka Esau, naba sezansi ba dhle ama-Filisti; ba dhle izwe la kwa Efrayim, nezwe la seSamariya; uBenjamin a dhle iGiliyadi. 20 Abatunjwa ba le mpi yaba kwa Israeli, aba pakati kwamaKanani, ba ya kudhla ku ze ku be seZarefati; abatunjwa ba seJerusalem aba seSefaradi ba ya kudhla imizi ya seNingizimu. 21 Abasindisi ba ya kwenyukela entabeni iZiyon ukuba bahlulele intaba ka Esau; umbuso u be o ka Jehova.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

INCWADI KA

JONA

UJona u balekela ukutunywa kwake. U gwinywa inhlanzi.

1 Izwi li ka Jehova la fika ku Jona ka Amitayi, li ti, 2 Suka, u ye eNineve, lowo muzi omkulu, u memeze ngawo; ngokuba ububi bawo b'enyukele pambi kwami. 3 Kepa uJona wa suka ukuba a baleke ebusweni bu ka Jehova a ye eTarshishi; w'eukela eJopa, wa fumana umkumbi o ya eTarshishi: wa koka imali yokuhamba, wa ngena kuwo, ukuya nabo eTarshishi e suka ebusweni bu ka Jehova.

4 Kepa uJehova wa tumela umoya omkulu elwandhle, kwa ba kona isipepo esikulu elwandhle, kwa za kwangati umkumbi u s'u za kwapuka. 5 Konake amatilosi esaba, a kala kwa ilowo muntu ku nkulunkulu wake; ba se be kipela elwandhle impahla e bi pakati kwomkumbi, ukuze u be lula. Kepa uJona wa ehlele pansi pakati kwomkumbi; wa lala e zumekile ubutongo. 6 Inkosi yomkumbi ya sondela kuye, ya ti kuye, U nani wena o lala ubutongo? vuka, u tete uNkulunkulu wako, ingabe uNkulunkulu u ya kusikumbula, ukuba si nga bubi. 7 Ba se be ti ilowo ku mngane wake, Wozani, s'enze inkato, ukuze s'azi ukuti s'ehlelwe yilobu bubi ngenxa ka bani. B'enza inkato, inkato ya dhla uJona. 8 Ba se be ti kuye, Si tshele, s'ehlelwe yilobu bubi ngecala li ka bani? u yini umsebenzi wako? u velapi na? yilipi izwe la kini na? u ngowa ku sipi isizwe na? 9 Wa ti kubo, Ngi ngumHeberu mina; ngi ya m esaba uJehova, uNkulunkulu wezulu, ow'enza ulwandhle nomhlabati owomileyo. 10 A e s'esaba la madoda ngokwesaba okukulu, a ti kuye, Yini loku okwenzileyo? Ngoba amadoda a be azi ukuti u ya baleka ebusweni bu ka Jehova, ngokuba wa be e se wa tshelile.

11 A s'e ti kuye, Si zo kwenzani kuwe, ukuze ulwandhle lu tule kitina? ngokuba kwa ya ngokuya ukubenguza kwolwandhle. 12 Wa ti kuwo, Ngi fukuleni, ni ngi kipele elwandhle; ulwandhle lu ya kutulake: ngoba ngi y'azi ukuti ku ngenxa yami ukuba lesi sipepo esikulu si be pezu kwenu. 13 Noko amadoda a gwedhla ngamandhla ukuba a buyele emhlabatini; kepa ahluleka; ngoba kwa ya ngokuya ukubabhenguzela kwolwandhle. 14 Ngalokoke ba kala ku Jehova, ba ti, Si ya ku ncenga, Jehova, si ya ku ncenga, ma si nga bubi ngenxa yompefumulo wa lo muntu, u nga beki pezu kwetu igazi elimsulwa; ngokuba wena, Jehova, wenze njengokutanda kwako. 15 Ba m fukulake uJona, ba m kipela elwandhle; ulwandhle lwa se lu peza ukudhloba kwalo. 16 Konake amadoda a m esaba uJehova ngokwesaba okukulu; a nikela ngomhlatshelo ku Jehova, enza izitembiso.

17 Kepa uJehova wa misela inhlanzi enkulu ukugwinya uJona; uJona wa e sembilinini wenhlanzi izimini ezintatu nobusuku obutatu.

2 1 UJona wa tandaza ku Jehova uNkulunkulu wake e sembilinini wenhlanzi. 2 Wa ti,

Ngi tetile uJehova ngenxa yosizi lwami,
Wa ngi pendula;
Ngi sesiswini seSheoli nga kala,
Wena wa li zwa izwi lami.
3 Ngoba wa ngi ponsa ekujuleni, pakati nolwandhle,
Umsinga wa ngi haqa;
Onke amadhlambi ako namaza ako eqile pezu kwami.
4 Nga ti, Ngi xoshiwe pambi kwamehlo ako;
Noko ngi ya kupinda ngi bheke kulo itempeli lako elingcwele.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Isifundiso somhlakuva.

nza kahle ngokutukutela ngenxa yomhlakuva na? Wa ti, Ng'enza kahle ukutukutela ku ze ku be sekufeni. **10** Wa ti uJehova, U haukele umhlakuva o nga wu kandhlekelanga, o nga wu kulisanga, owa mila ngobusuku, wa buba ngobusuku:

910

11 po, ngi nge haukele yini iNineve, lo muzi omkulu, oku kona kuwo abantu aba dhlula izinkulungwane ezi ikulu eli namashumi amabili aba nga kwazi ukubona isandhla sokunene ukuti yisipi nesokohlo, nezinkomo eziningi futi na?

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

INCWADI KA

MIKA

UIsraeli noJuda ba zo buyiswa.

1 Izwi li ka Jehova ela fika ku Mika wa seMoreshete ngezinsuku zi ka Jotam, noAhazi, noHezekiya, amakosi a kwa Juda, alibonayo ngeSamariya neJerusalem.

2 Yizwani, nina zizwe, nonke; lalela, mhlaba, nako konke oku kuwo: iNkosi uJehova ma i be ufakazi ngani, iNkosi i setempelini layo elingcwele. 3 Ngokuba bheka, uJehova u ya puma endaweni yake, u ya kwehla, a nyatele ezindaweni ezipakemeyo zomhlaba. 4 Izintaba zi ya kuncibilika pansi kwake, izigodi zi qekezeke, njengengcina pambi kwomlilo, njengamanzi a tuluka eqeleni. 5 Loku konke ku ngenxa yokupambuka ku ka Jakobe, na ngenxa yezono zendhlu ya kwa Israeli. Ku yini ukupambuka ku ka Jakobe? a ku silo iSamariya na? zi yini izindawo ezipakemeyo zi ka Juda? a zi silo iJerusalem na? 6 Ngakoke ngi ya kwenza iSamariya li be ingqumbi e sendhle, li be njengezindawo zokutshala izivini; ngo qulela emhosheni amatshe alo, ng'ambule nezisekelo zalo. 7 Yonke imifanekiso yalo ebaziweyo i ya kugxotshwa, inkokelo yalo yonke i shiswe ngomlilo, izitombe zonke zalo ngi z'enze incitakalo; ngokuba li zi butile ngenkokelo yesifebe, zo buya zi be inkokelo yesifebe.

8 Ngenxa ya loku ngo lila, ngi hxiwule; ngo hamba ngi pangiwe ngi nqunu; ngi ya kukala njengamakanka, ngenze isililo njengezintshe. 9 Ngokuba imivimbo yalo i nge pole; ngokuba ku fikile na kwa Juda; ku finyelele esangweni labantu bami, kulo iJerusalem. 10 Ma ni nga ku sho eGati, ma ni nga lili nakanye: eBete-le-afra ngi zibukuzise otulini. 11 Dhlula, wena owakileyo eShafire, u nqunu u sehlazweni: owakileyo eZanan a ka pumanga; isililo sa se-

Ku lilwa ngokuciteka okuzayo.

Betezeli si ya kunapuca indawo yalo yokuma. 12 Ngoba owakileyo eMaroti u hlalela okuhle ngepapu, ngoba okubi ku vela ku Jehova kwehlele esangweni leJerusalem. 13 Wena owakileyo eLakishe, bopela enqolaneni yempi ihashi eli nejubane: lona la li ukuqala kwokwona kuyo indodakazi ya seZiyon; ngokuba izipambuko zi ka Israeli za funyanwa kuwe. 14 Ngakoke wo pa iMoreshete-gati isipo sokuvalelisa: izindhlu za seAkezibe zo ba amanga kuwo amakosi a kwa Israeli. 15 Ngo ze ngi lete kuwe o za kukudhla, wena owakileyo eMaresha: udumo lu ka Israeli lu ya kuza na seAdulam. 16 Zigege, u gunde ngenxa yabantwana owesasa ngabo: yanula ubumpandhla bako njengokozi; ngokuba ba tunjiwe kuwe.

2 Maye bona aba ceba ukungalungi, ba sebenze okubi emacansini abo! ku ti la se ku kanya kusasa ba kwenze, ngokuba ku semandhleni esandhla sabo. 2 Ba fisa amazwe, ba wa qwage; nezindhlu, ba zi tate; ba pata ngokahlo indoda nendhlu yayo, yebo, umuntu nefa lake. 3 Ngakoke u ti uJehova: Bhekani, mina ngi ceba okubi nga lo mndeni eni nga yi kukipa izintamo zenu kuko, futi a ni yi kuhamba ngokuzipakamisa; ngokuba ku isikati esibi. 4 Nga lolo suku ku ya kukulunywa isiga ngani, ku kihlwe isililo sokulilisela, ku tiwe, Si qotuliwe qotu: u guqula isabelo sabantu bami: yeka ukusisusa kwake kimi! wabele abahlehlayo amazwe etu. 5 Ngakoke a u yi kuba naye o ponsa intambo ngenkato embutanweni ka Jehova.

6 Ba ti musan'ukuprofeta; ba profeta ba sho njalo. Ba ti, A ba nga profeti nga lezi zinto: amahlazo

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

UJehova wo veza ukukanya nosindiso. Ko pindwa isisa sake.

hova, ngokuba ng'onile kuye, a ze a melele indaba yami, a ng'ahlulele: wo ngi pumisela ekukanyeni, ngi bone ukulunga kwake. **10** Konake isita sami so ku bona, ko ti izinhloni zi si sibekele e be si ti kimi, Upi uJehova uNkulunkulu wako? Amehlo ami a ya ku bona isifiso sami kuso; kaloku si ya kucibizwa njengodaka lwezitaladi. **11** Usuku lokwaka izindonga zako! nga lolo suku isimiso si ya kudediselwa kude. **12** Nga lolo suku ba ya kuza kuwe be suka eAsiriya na semizini ya sEgipite, ku suka Egipite ku ze ku be seMfuleni, ku suka elwandhle ku ze ku be selwandhle, ku suka entabeni ku ze ku be sentabeni. **13** Noko izwe li ya kuba incitakalo ngenxa yabo abakileyo kulo, ngenxa yesitelo sezenzo zabo.

14 Yalusa abantu bako ngenduku yako, izimvu zefa lako ezi hlezi zodwa ehlatini pakati kweKarmeli: ma zi hxabe eBashan na kwa Giliyadi, njenga sezinsukwini zamandulo. **15** Njenga sezinsukwini zokupuma kwako ezweni la sEgipite ngi ya kubabonisa imimangaliso. **16** Izizwe zi ya kubona zi jabe ngobuqwaga bonke bazo; zi ya kubeka izandhla emlonyeni wazo; izindhlebe zazo zo ba izitulu. **17** Zi ya kukota utuli njengenyoka; njengezinambuzane zomhlaba zo fika zi gedezele zi puma ezikanisweni zazo; zi ya kufika zi novalo ku Jehova uNkulunkulu wetu, z'esabe ngenxa yako.

18 Ubani o nguNkulunkulu o njengawe, o tetelela icala, a dhlule ukupambuka kwensali yefa lake? a ka bambi ulaka lwake ku ze ku be nini, ngokuba yena wenamela isihau. **19** Wo buya a be nesihe kitina; wo nyatela pansi ububi betu; wena wo ponsa zonke izono zabo ekujuleni kwolwandhle. **20** Wo feza iqiniso ku Jakobe, nesihau ku Abraham, owa ku fungela obaba kwa sezinsukwini za sendulo.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

INCWADI KA

HABAKUKI

Ku vuswa amaKaledi. UHabakuki u ya sola a pendulwe.

1 Udaba alubonayo uHabakuki umprofeti.

2 Ko ze ku be nini, Jehova ngi kala u ng'ezwa? ngi mbongoza kuwe ngobudhlova, u nga sindisi. 3 Yini ukuba u ngi bonise ububi, u buke ukuhxina? ngokuba ukuqotula nobudhlova ku pambi kwami; ku kona ukupikisana, ku vuka ingxabano. 4 Ngakoke umteto u xegisiwe, nokwahlulela a ku ze ku nga puma; ngokuba ishinga li ya m kaka olungileyo; ngakoke ukwahlulela ku puma ku pundukisiwe.

5 Bhekani nina pakati kwezizwe, ni buke, ni mangale nokumangala; ngokuba ngi sebenza umsebenzi ezinsukwini zenu eni nga yi kuwukolwa noma ni baliselwa ngawo. 6 Ngokuba bheka, ngi vusa amaKaledi, isizwe esibabayo nesi ngamapulukundhlu, esi hamba ebubanzini bomhlaba ukuba si dhle izindawo zokuhlala ezi ngesizo ezaso. 7 Si banga ivuso si y'esabeka; ukwahlulela kwaso nesizota saso si puma ku sona. 8 Amahashi aso a nejubane kunezingwe, a nolaka kunezimpisi zokuhlwa; abamahashi baso ba kankasa: yebo, abamahashi baso ba vela kude; ba ndiza njengokozi olu putuma ukudhla. 9 Ba ya fika bonke ngobudhlova; ubuso babo bu pokopelele pambili; ba buta abatunjwa njengesihlabati. 10 Yebo, si hxolodela amakosi, izikulu zi igidigidi kuso; si hleka izinqaba zonke; ngokuba si nqwabela utuli, si zi tate. 11 Be se si kukula njengomoya, si dhlule, si be necala, yebo sona esi mandhla aso a unkulunkulu waso.

12 A u siye owa pakade, wena Jehova Nkulunkulu wami, oNgcwele wami na? a si yi kufa. Jehova, u si misele ukwahlulela; wena, Dwala, u si bekele isisekelo ukuze si be okokusola. 13 Wena o mehlo a hlambululekile ukuba u nga buki okubi, o nge bheke ukuhxina, po, u bhekelani abambumbuluzayo, u tule nxa ishinga li gwinya olungileyo kunalo na? 14 li pata abantu njengezinhlanzi zolwandhle, njengezinto ezihuquzelayo, ezi nge na mbusi na? 15 Li ya b'enyula bonke ngodobo, li ba bamba ngeneta lalo, li ba bute ngeneta lalo elihudulwayo; ngakoke li ya tokoza l'etabe. 16 Ngakoke li hlabela ineta lalo, li tunqisele ineta lalo elihudulwayo impepo; ngokuba ngawo isabelo salo si nonile, nokudhla kwalo ku vamile. 17 Kambe, li ya kutulula ngenxa ya loko ineta lalo, li nga yeki ukubulala izizwe njalonjalo na?

2 Ngi ya kuma endaweni yami yokulinda, ngi gcule enqabeni, ngi kangele ukubona ukuti u ya kukulumani kimi, nokuti ngi ya kupendula ngi tini ngesikalo sami. 2 Wa ngi pendula uJehova, wa ti, Bhala umbono, u wu qopisise ezibhebheni, ukuze a gijime owufundayo. 3 Ngokuba umbono u se ngowesikati esimisiweyo, u pefuzelela ukuya ekupeleni; a u yi kuqamb' amanga: noma wepuza, wu hlalele; ngokuba wo fika nokufika, a u yi kulibala.

4 Bheka, umpefumulo wake u kukumele, a u qoto pakati kwake; kepa olungileyo wo pila ngokukolwa kwake. 5 Yebo, iwayini li ya mbumbuluza, li umfo ozikukumezayo, o nga hlali ekaya; o wanula ukufisa kwake njengeSheoli, yena u njengokufa, a nge sute, kepa u ya butela kuye izizwe zonke, a qoqele kuye abantu bonke. 6 Po, laba bonke a ba yi kutata umlinganiso nesaga sokuswabula ngaye, ba ti, Maye o wandisa oku ngesiko okwake! ko ze ku be nini na? o z'etwesa futi ngezibambiso! 7 A ba yi

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

OMaye ngamaKaledi. Ukusindiswa kwabantu endulo.

kugubuka ngokupazima kweso aba ya ku ku luma, ba vuke aba ya kukukataza, u be impango kubo na? **8** Ngokuba wena u pangile izizwe eziningi, insali yonke yabantu i ya kupanga wena, ngenxa yegazi labantu, na ngenxa yobudhlova ob'enziwe kulo izwe, na semzini na kubo bonke abakileyo kuwo.

9 Maye yena o zuzela indhlu yake inzuzo embi, ukuze a beke isidhleke sake pezulu, ukuze opulwe esandhleni sokubi! **10** U cebe ngendhlu yako oku izinhloni ngokunquma abantu abaningi, wonile kuwo umpefumulo wako. **11** Ngokuba itshe li ya kukala li sodongeni, li pendulwe umjanjato u sezintini.

12 Maye yena o waka umuzi ngezingazi, o misa inxuluma ngokungalungi! **13** Bheka, angiti ku vela ku Jehova wamabandhla ukuba abantu ba julukele umlilo, izizwe zi zikataze ngeze na? **14** Ngokuba umhlaba u ya kugcwaliswa ukwazi ubukosi bu ka Jehova njengamanzi a sibekela ulwandhle.

15 Maye yena o puzisa umakelwane wake, wena o weleka isihlungu sako, u m dakise futi, ukuze u buke ubunqunu babo! **16** Wena u gcwele ihlazo, ku nge silo udumo: puzake nawe u be njeng'o nga sokile; indebe yesandhla sokunene si ka Jehova i ya kufika ku be ngawe ukuyipuza, ihlazo elikulu li be pezu kwodumo lwako. **17** Ngokuba ubudhlova o b'enziwe kulo iLebanon bu ya kukusibekela, nokuqedwa kwezilwane ku ku papatekise; ngenxa yegazi labantu, na ngobudhlova ob'enziwe kulo izwe, na semzini na kubo bonke abakileyo kuwo.

18 Isitombe esibaziweyo si sizani, ukuba umenzi waso a si baze; isitombe esibunjiweyo, sona umfundisi wamanga, loku osilumbileyo u y'etemba kuso, enze izitombe ezi izimungulu na? **19** Maye yena o ti kuwo umuti, Papama; a ti kulo itshe eli isimungulu, Vuka! Loku ku nga fundisa yini? Bheka, ku fakwe igolide nesiliva, a uko umoya pakati kwako neze. **20** Kepa uJehova u setempelini lake elingcwele: ma u tule pambi kwake umhlaba wonke.

3 Umtandazo ka Habakuki umprofeti, u lungiselwe iShigiyonoti.

2 Jehova, ngi zwile umbiko ngawe,
ngi y'esaba:
Jehova, vuselela umsebenzi wako
pakati kweminyaka,
Pakati kweminyaka w'azise;
Ekutukuteleni kumbula isihe.
3 UNkulunkulu wa vela eTeman,
ONgcwele wa puma entabeni iParan. [Sela
Ubukosi bake ba sibekela amazulu,
Umhlaba wa gcwala indumiso yake.
4 Ukukazimula kwake kwa ku njengokukanya;
Wa e nemisebe e vela esandhleni sake;
Yilapo kwa ku fihleke kona amandhla ake.
5 Ubadane lokufa lwa hamba pambi kwake,
Izinyazi ezishisayo za puma nga sezinyaweni zake.
6 W'ema, wa linganisa umhlaba;
Wa bheka, w'ahlukanisa izizwe;
Izintaba za pakade za hlakazwa;
Amagquma amiyo njalo a kotama;
Ukuhamba kwake kwa ku njeng'okwa sendulo.
7 Nga bona amatente a seKushan e sosizini;
Izisitezo zezwe la seMidiyan za gedezela.
8 UJehova wa e cunukele imifula na?
Ulaka lwako lwa lu vuta ngemifula,
Wa u tukutelele ulwandhle na,
Ukuba u kwele emahashini ako,
Na senqolaneni yako yosindiso na?
9 Umnsalo wako wa vela obala;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukusindiswa kwabantu endulo.

Izifungo kuzo izizwe za zi izwi eliqinisekileyo. [Sela
Wa dabula umhlaba ngemifula.
10 Izintaba za ku bona, za tutumela;
Umvumbi wamanzi wa dhlula;
Utotololo wa pumisa izwi lake,
Wa pakamisela izandhla zake pezulu.
11 Ilanga nenyanga kw'ema endaweni yako,
Ngokukanya kwemicibisholo yako, i hamba,
Ngokukazimula kwomkonto wako onyampuzayo.
12 Wa hamba pakati kwezwe ngokubhaha;
Wa bhula izizwe ngolaka.
13 Wa puma ukuba u sindise abatu bako,
Ukuba u sindise ogcotshiweyo wako;
Wa debeza inhloko yendhlu yeshinga,
W'ambula isisekelo ku ze ku be sentanyeni. [Sela
14 Wa hlaba ngezindondolo zake ikanda lamabuto ake;
Eza njengomoya wesipepo ukungihlakaza;
Ukuqalaba kwawo kwa ku njengokungati a za kumudhla ompofu ekusitekeni.

Umprofeti wetemba uJehova.

15 Wa nyatela ulwandhle ngamahashi ako,
A guba amanzi amakulu.

16 Ng'ezwa, isisu sami sa xuxuzela,
Umlomo wami wa qaqazela ngomdumo;
Ukubola kwa ngena ematanjeni ami, nga gedezela endaweni yami;
Ngoba ngi melwe ukuhlalela usuku lwosizi,
Ukwenyukela kwalo ku bantu abasihlaselayo.
17 Ngokuba noma umkiwane u nga hlumi,
Ku nga biko sitelo emivinini;
Umsebenzi womnqumo u pute,
Amasimu a nga vezi ukudhla;
Zi nqanyulwe izimvu esibayeni,
Ku nga biko nkomo esibayeni sazo:
18 Noko ngi ya kuncinca ku Jehova,
Ng'etabe ku Nkulunkulu ongisindisayo.
19 UJehova, iNkosi, u ngamandhla ami;
Wenza izinyawo zami zi be njeng'ezendhluzelekazi,
Wo ngi hambisa ezindaweni zami ezipakemeyo.

Ku mhlonzi wokuhlabelela ogubwini lwami.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

INCWADI KA

ZEFANIYA

Usuku lolaka lu ka Jehova lu za ku Juda.

1 Izwi li ka Jehova ela fika ku Zefaniya ka Kushi, ka Gedaliya, ka Amariya, ka Hezekiya, ezinsukwini zi ka Josiya ka Amon, inkosi ya kwa Juda.

2 Ngo qeda nya konke oku sebusweni bomhlabati, u sho uJehova. 3 Ngo qeda umuntu nenkomo: ngo qeda izinyoni zezulu, nezinhlanzi zolwandhle, nezikubekiso kanye namashinga; ngo nquma abantu ebusweni bomhlabati, u sho uJehova. 4 Ngi ya kwelula isandhla sami pezu ku ka Juda, na pezu kwabo bonke abakileyo eJerusalem; ngi nqume ku le ndawo insali ka Bale, negama lamaKemarim kanye nabapristi; 5 naba kuleka kulo ibandhla lezulu be sopahleni lwezindhlu; nabakulekayo, aba funga ku Jehova be funga uMalikam; 6 nabahlehlileyo ekulandeleni uJehova; nabo aba nga m funanga u Jehova, be nga buzanga ngaye.

7 Tula pambi kweNkosi uJehova; ngokuba usuku lu ka Jehova lu sondele: ngokuba uJehova u lungisile umhlatshelo, u ngcwelisile abamenyiweyo bake. 8 Ku ya kuti ngosuku lomhlatshelo ka Jehova, ngi jezise izikulu, namadodana enkosi, nabo bonke ab'ambata isambato sabezizwe. 9 Nga lolo suku ngo jezisa bonke ab'eqa umbundu womnyango, abagcwalisa indhlu yomninibo ngobudhlova nenkohliso. 10 Nga lolo suku, u sho uJehova, ko ba kona umsindo wokukala u vela esangweni lezinhlanzi, nokuhxiwula ku vela endaweni yesibili, nokufahlazeka okukulu emagqumeni. 11 Hxiwulani, nina abakileyo eMaketeshi; ngokuba bonke abantu ba seKanan ba bujisiwe; bonke aba be twala isiliva ba nqunyiwe. 12 Ko ti nga lesc sikati, ngi yalule iJerusalem ngezibani; ngi jezise abantu aba jiyile enhleseni yabo, aba ti enhliziyweni yabo, UJehova a ka yi kwenza okulungileyo, a ka yi kwenza okubi. 13 Ko ti imfuyo yabo i pangwe, nezindhlu zabo zi be incitakalo: yebo, ba ya kwaka izindhlu, ba nga hlali kuzo; ba tshale izivini, ba nga puzi iwayini lazo.

14 Usuku olukulu lu ka Jehova lu sondele, lu sondele lu shesha kakulu, lona izwi losuku lu ka Jehova; isiqwaga si ya mpompoloza kona ngomunyu. 15 Lolo suku ngusuku lwentukutelo, usuku losizi nokuxineka, usuku lwencitakalo nelokutiwa lohle, usuku lobumnyama nesigayegaye, usuku lwamafu nobumnyama obute mbe, 16 usuku lwecilongo nokuhlab'umkosi ngemizi ebiyelweyo na ngezinqaba ezipakemeyo. 17 Ngi ya kuleta usizi pezu kwabantu, ukuba ba hambe njengezimpumpute, ngokuba b'onile ku Jehova; igazi labo li ya kutululwa njengotuli, nenyama yabo njengendhle. 18 Isiliva labo negolide labo a li yi kuba namandhla okubopula ngosuku lokutukutela ku ka Jehova; izwe lonke li ya kudhliwa umlilo wesikwele sake: ngokuba u ya kuqeda, yebo, a qede ngokupapatekisayo bonke abakileyo ezweni.

2 Butanani, yebo, butanani, sizwe esi nge na nhloni; 2 si nga ka zali isimiso, usuku lu nga ka dhluli njengamakoba, lu nga ka fiki pezu kwenu ulaka oluvutayo lu ka Jehova, lu nga ka fiki pezu kwenu usuku lolaka lu ka Jehova. 3 Funani uJehova, nonke nina batobileyo bomhlaba, ab'enze amasiko ake; funani ukulunga, funani ukutoba: ingabe ni yo sitezwa ngosuku lolaka lu ka Jehova.

4 Ngokuba iGaza li ya kushiywa, iAshkelon li be incitakalo; ba ya kuxosha iAshdodi emini enkulu,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Ukubuyiswa nenhlalakahle ka Israeli.

abancincayo ngokuzidhla, a u sa yi kupinda ukuzipakamisa entabeni yami engcwele. 12 Kepa ngi ya kushiya pakati kwako abantu abahlupekayo abampofu, ba ya kupepela egameni li ka Jehova. 13 Abensali ka Israeli a ba yi kukwenza okungalungile, ba kulume amanga; ulimi lwenkohliso a lu yi kufunyanwa emlonyeni wabo; ngokuba ba ya kuhxaba ba butise, ku nga biko obetusayo.

14 Yenanela, ndodakazi ya seZiyon; hlokoma, Israeli; tokoza wetabe ngenhliziyo yonke, ndodakazi ya seJerusalem. 15 UJehova u susile ukwahlulelwa kwako, u nyamalalisile isita sako: iNkosi ya kwa Israeli, uJehova, u pakati kwako; a u sa yi kwesaba okubi. 16 Nga lolo suku ko tiwa kulo iJerusalem, U ng'esabi; Ziyon, izandhla zako ma zi nga yeketisi. 17 UJehova uNkulunkulu wako u pakati kwako, isiqwaga esi ya kusindisa: u ya kujabula ngawe a tokoze, a tule otandweni lake; etabe ngawe ngokwenanela. 18 Ngo buta aba dabuka ngombutano, aba be abako; wena owa u sindwa isihlamba. 19 Bhekani, nga leso sikati ngi ya kubenzakalisa bonke abakuhlupayo; ngo sindisa okuxugayo, ngi qoqe okuxoshiweyo; ngi b'enze ba be indumiso negama, aba hlazo labo la li semhlabeni wonke. 20 Nga leso sikati ngo ni ngenisa, nga leso sikati ngo ni qoqa; ngokuba ngo n'enza ni be igama nendumiso pakati kwabantu bonke bomhlaba, lapo ngi ni buyisa ekutunjweni ni bhekile, u sho uJehova.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

INCWADI KA

HAGAYI

U vusa abantu ukuba ba l'ake itempeli. Ba kungwa isibindi.

1 Ngomnyaka wesibili ka Dariyosi inkosi, ngenyanga yesitupa, ngosuku lokuqala lwenyanga, izwi li ka Jehova la fika ngoHagayi umprofeti ku Zerubabeli ka Shehaltiyeli, umbusi wa kwa Juda, na ku Joshua ka Jehozadake, umpristi omkulu, li ti, 2 U sho uJehova wamabandhla, u ti, Laba bantu ba ti, A ku siso isikati sokuba si fike, isikati sokuba kwakiwe indhlu ka Jehova. 3 Kwa se ku fika izwi li ka Jehova ngoHagayi umprofeti, li ti, 4 Ku isikati yini sokuba nina ni hlale ezindhlini zenu ezi fulelwe ngapakati ngamapulangwe, i be le ndhlu i incitakalo na? 5 Kalokuke u ti uJehova wamabandhla: Qondani izindhlela zenu. 6 Ni hlwanyele okuningi, ni ngenisa oku ingcozana; ni ya dhla, ni nga suti; ni ya puza, ni ng'aneli ukupuza; ni ya gqoka, ku nga biko ofudumalayo; o sebenzela imali u yi sebenzela ukuba a yi fake esikwameni esibobokileyo.

7 U ti uJehova wamabandhla: Qondani izindhlela zenu. 8 Yenyukani ni ye entabeni, ni lete imiti, ni y'ake indhlu; i ya kungikola, ngi dunyiswe, u sho uJehova. 9 Na bheka okuningi, naku ku suke kwa ingcozana; na ti ukukuleta ekaya, nga ku pepeta. Ngani na? u sho uJehova wamabandhla. Ngenxa yendhlu yami e citakele, ni be nina ni gijimela ilowo endhlini yake. 10 Ngakoke ngenxa yenu izulu li nqaba nombete, nomhlaba u nqaba nokudhla kwawo. 11 Nga bizake ukwomisa ku be pezu kwezwe, na pezu kwezintaba, na pezu kwamabele, na pezu kwewayini elisha, na pezu kwamafuta, na pezu kwa loko oku miliswa umhlabati, na pezu kwabantu, na pezu kwezinkomo, na pezu kwesitukutuku sonke sezandhla.

12 Konake uZerubabeli ka Shehaltiyeli, noJoshua ka Jehozadake, umpristi omkulu, nensali yonke yabantu, ba lalela izwi li ka Jehova uNkulunkulu wabo, namazwi ka Hagayi umprofeti, njengaloko uJehova uNkulunkulu wabo a be e m tume ngako; abantu b'esaba pambi ku ka Jehova. 13 Wa s'e kuluma uHagayi isigijimi si ka Jehova e sho izwi a li tunywa uJehova ku bantu, e ti, Ngi nani, u sho uJehova. 14 UJehova wa vusa umoya ka Zerubabeli ka Shehaltiyeli, umbusi wa kwa Juda, nomoya ka Joshua ka Jehozadake, umpristi omkulu, nomoya wensali yonke yabantu; ba fika b'enza umsebenzi endhlini ka Jehova wamabandhla, uNkulunkulu wabo, 15 ngosuku lwamashumi amabili nane lwenyanga, ngenyanga yesitupa, ngomnyaka wesibili ka Dariyosi inkosi.

2 Ngenyanga yesikombisa, ngosuku lwamashumi amabili nanye lwenyanga, izwi li ka Jehova la fika ngoHagayi umprofeti, li ti, 2 Kuluma kaloku ku Zerubabeli ka Shehaltiyeli, umbusi wa kwa Juda, na ku Joshua ka Jehozadake, umpristi omkulu, na kuyo insali yabantu, u ti, 3 Ubani oseleyo pakati kwenu owa bona le ndhlu i nobucwazicwazi bayo bokuqala na? ni ya yi bona i njani manje na? a i njengento e yize emehlweni enu na? 4 Kanti qina kaloku, Zerubabeli, u sho uJehova; qina nawe, Joshua ka Jehozadake, mpristi omkulu; qinani nonke, bantu bezwe, u sho uJehova, ni sebenze: ngokuba ngi nani, u sho uJehova wamabandhla; 5 izwi lelo enga vumelana nani ngalo ekupumeni kwenu Egipite, uMoya wami wa hlala pakati kwenu: ni ng'esabi. 6 Ngoba u ti uJehova wamabandhla: Ku se za kuba kanye, ku umzuzwana,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ngi zamazamise izulu nomhlaba, nolwandhle, nomhlabati owomileyo; 7 ngi zamazamise izizwe zonke; okunxanelekayo kwezizwe zonke ku fike; ngi gcwalise le ndhlu ngobucwazicwazi, u sho uJehova wamabandhla. 8 Elami isiliva, elami negolide, u sho uJehova wamabandhla. 9 Ubucwazicwazi bamuva ba le ndhlu bo ba bukulu kunobokuqala, u sho uJehova wamabandhla; ku le ndawo ngo nika ukutula, u sho uJehova wamabandhla.

10 Ngosuku lwamashumi amabili nane ngenyange yasishiyangalolunye, ngomnyaka wesibili ka Dariyosi, kwa fika izwi li ka Jehova ngoHagayi umprofeti, li ti, 11 U ti uJehova wamabandhla: Buza kaloku abapristi ngomteto, u ti, 12 Uma umuntu e pata inyama engcwele ngompeto wengubo yake, e tinta ngompeto wengubo yake isinkwa, mhlaumbe ubilebile, mhlaumbe iwayini, mhlaumbe amafuta, noma ikupi ukudhla, ku ya kuba ngcwele yini na? Abapristi ba pendula, ba ti, Ayi. 13 Wa s'e ti uHagayi, Uma ongcolileyo ngenxa yesidumbu e tinta noma ikupi ku loku, ku ya kuba okungcolileyo yini na? Ba pendula abapristi, ba ti, Ko ba okungcolileyo. 14 Wa s'e pendula uHagayi wa ti, Ba njalo laba bantu, si njalo lesi sizwe pambi kwami, u sho uJehova; u njalo wonke umsebenzi wezandhla zabo; na loko aba ku nikela lapo ku ngcolile. 15 Kalokuke, a ke ni qonde ku suka ku lolu suku ku ye emva, ku nga ka bekwa itshe pezu kwetshe etempelini li ka Jehova. 16 Nga leso sikati sonke, nxa umuntu e fika embhundwini yezilinganiso ezi ngamashumi amabili, kwa ku ba kona ezi ishumi kupela; nxa umuntu e fika esikongozelweni sewayini ukuka izitsha ezi ngamashumi amahlanu, kwa ku ba kona ezi ngamashumi amabili nje. 17 Nga ni shaya ngokuhamuka na ngesikuta na ngesicoto emisebenzini yonke yezandhla zenu; kepa a ni buyelanga kimi, u sho uJehova. 18 A ke ni qonde ku suka ku lolu suku ku ye emva, ku suka osukwini lwamashumi amabili nane lwenyanga yesishiyangalolunye, ku sukela osukwini itempeli li ka Jehova ela bekwa isisekelo ngalo, ku qondeni. 19 Imbeu i se sengotsheni yini na? yebo, umvini, nomkiwane, nomharanate, nomnqumo a i telanga; ku suka ku lolu suku ngo ni busisa.

20 Izwi li ka Jehova la fika ngokwesibili ku Hagayi ngosuku lwamashumi amabili nane lwenyanga, li ti, 21 Kuluma ku Zerubabeli umbusi wa kwa Juda, u ti, Ngo zamazamisa izulu nomhlaba; 22 ngi gumbuqele isihlalo sobukosi semibuso; ngi shabalalise amandhla emibuso yezizwe; ngi gumbuqele izinqolana zempi, naba kwela kuzo; a ya kuwa amahashi nabakweli bawo, ilowo ngenkemba yomfo wabo. 23 Nga lolo suku, u sho uJehova wamabandhla, ngo ku tabata wena, Zerubabeli ka Shehaltiyeli, nceku yami, u sho uJehova, ngi kwenze u be njengendandato; ngokuba ngi ku ketile, u sho uJehova wamabandhla.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

UJehova u ya kulwela iJerusalem. U ya kubusa izwe lonke.

nenxenye nga seningizimu. **5** Ni ya kubaleka ngomhosha wezintaba zami; ngokuba umhosha wezintaba wo finyelela eAzeli; yebo, no baleka, njengaloku na balekela ukuzamazama kwomhlaba ngezinsuku zi ka Uziya inkosi ya kwa Juda; uJehova uNkulunkulu wami a fike, nabangcwele bonke kanye nawe. **6** Ku ya kuti nga lolo suku ku nga biko ukukanya; nezinkanyiso zi fipale: **7** kodwa ko ba lusuku lunye olwaziwa uJehova; ku nga bi imini, ku nga bi ubusuku; kodwa ko ti ngesikati sokuhlwa ku be kona ukukanya. **8** Ku ya kuti nga lolo suku, amanzi apilayo a pume eJerusalem; inxenye yawo i ye nga selwandhle lwa sempumalanga, nenxenye yawo i ye nga selwandhle lwa sentshonalanga: ko ba njalo ehlobo na sebusika.

9 UJehova wo ba iNkosi pezu kwomhlaba wonke: nga lolo suku uJehova u ya kuba uye yedwa, negama lake li be ilona lodwa. **10** Izwe lonke lo penduka li be njenge-Araba, ku suka eGeba ku ze ku fike eRimon nga seningizimu kweJerusalem; li ya kupakanyiswa, li hlale endaweni yalo, ku suka esangweni li ka Benjamin ku ye endaweni yesango lokuqala, ku ze ku be sesangweni lengosi, ku suka emboshongweni ka Hananeli ku ze ku fike ezikamweni zevini zenkosi. **11** Ku ya kwakiwa kulo, ku nga be ku sa bako isilokotelo; iJerusalem li hlale ngokulondeka.

12 Ko ba ilolu uhlupo uJehova a ya kushaya ngalo izizwe zonke ezi lwe neJerusalem: inyama yazo i ya kuhluzeka zi mi ngezinyawo zazo, namehlo azo a hluzeke ezinkoxeni zawo, nolimi lwazo lu hluzeke emlonyeni wazo. **13** Ku ya kuti nga lolo suku ku be kona ukudungeka okukulu pakati kwazo oku vela ku Jehova, zi bambe ilowo isandhla somakelwane wake, isandhla sake si vukele isandhla somakelwane wake. **14** UJuda naye u ya kulwa eJerusalem; ko butwa imfuyo yezizwe zonke inxa zonke, igolide, nesiliva, nezingubo, okuningi kakulu. **15** Ko ba njaloke uhlupo lwehashi, nembongolo, nekamelo, nembongolwana, nezinkomo zonke ezi ya kuba ku lawo makamu, lu be njenga lolo hlupo.

16 Ko ti ke, bonke abaseleyo kuzo zonke izizwe ez'eza ukulwa neJerusalem b'enyukele iminyaka ngeminyaka ukukuleka eNkosini, uJehova wamabandhla, nokwenza umkosi wamadokodo. **17** Ku ya kutike, aba ng'enyuki kuyo imindeni yomhlaba ba ye eJerusalem ukukuleka eNkosini, uJehova wamabandhla, ba nga niselwa mvula. **18** Uma umndeni wa sEgipite u ng'enyuki, u ng'ezi, a u yi kuniselwa; ko ba kona uhlupo uJehova a ya kushaya ngalo izizwe ezi ng'enyuki ukwenza umkosi wamadokodo. **19** Loku ko ba isijeziso sEgipite, nesijeziso sezizwe zonke ezi ng'enyuki ukwenza umkosi wamadokodo. **20** Nga lolo suku ko lotshwa ezinsimbini zamahashi ukuti, UBUNGCWELE KU JEHOVA; amakanzi endhlini ka Jehova o ba njengemikele pambi kwelati. **21** Yebo, amakanzi onke eJerusalem na kwa Juda a ya kuba ngcwele ku Jehova wamabandhla; bonke abahlabelayo ba ya kuza ba zo tabata kuwo, ba peke kuwo: ka sa yi kuba kona umKanani endhlini ka Jehova wamabandhla nga lolo suku.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

nga loku, u sho uJehova wamabandhla, ukuba a ngi yi kunivulela yini izintuba zezulu, ngi ni tululele isibusiso, ukuze ku nga biko indawo yokusamkela. 11 Ngi ya kunikuzela okudhlayo, a ku yi kwonakalisa izitelo zomhlabati wenu; umvini wenu a u yi kuvutulula esivinini senu, u sho uJehova wamabandhla. 12 Izizwe zonke zi ya kuti ni busisiwe; ngokuba ni ya kuba izwe elenamisayo, u sho uJehova wamabandhla.

13 Amazwi enu a be lukuni kimi, u sho Jehova. Noko ni ti, Si kulumeni ngawe na? 14 Ni te, Ku yize ukukonza uNkulunkulu; ku be inzuzoni ukulonda kwetu isilondolozelo sake, nokuhamba kwetu si kedamisile pambi ku ka Jehova wamabandhla na? 15 kalokuke tina si ti ba busisiwe abaziqenyayo; yebo, b'akiwe ab'enza ubushinga; yebo, ba ya m linga uNkulunkulu, ba sinde.

16 Konake abamesabayo uJehova ba kuluma omunye nomunye; uJehova wa lalela, w'ezwa, kwa lotshwa incwadi yokukumbula pambi kwake, i lotshelwa bona abamesabayo uJehova, aba zindhla ngegama lake. 17 Bona ba ya kuba abami, u sho uJehova wamabandhla, yebo, imfuyo yami ngosuku engilwenzayo; ngi ya kubahaukela, njengomuntu e haukela indodana yake emkonzayo. 18 Konake no buya, nahlukanise pakati kwolungileyo neshinga, pakati kwomkonzayo uNkulunkulu nonga-

4 mkonziyo. 1 Ngoba bheka, usuku lu y'eza, lu vuta njengesitando; bonke abaziqenyayo, nabo bonke ab'enza ubushinga, ba ya kuba njengezibi; usuku oluzayo lo ba shisa, u sho uJehova wamabandhla, ngangoba a lu yi kubashiyela impande negatsha. 2 Kepa kinina enilesabayo igama lami, ilanga lokulunga li ya kupuma li nokupilisa emapikweni alo; ni ya kupuma, ni tshekule njengezinkonyana zesibaya. 3 Ni ya kunyatela pansi amashinga; ngokuba o ba njengomlota pansi kwezinyawo zenu ngosuku engilwenzayo, u sho uJehova wamabandhla.

4 Kumbulani umteto ka Moses inceku yami, e nga m yala ngawo eHorebe ku be owabaIsraeli bonke, yebo, izimiso namasiko. 5 Bhekani, ngo tuma kini uElija umprofeti lu nga ka fiki lolo suku lu ka Jehova olukulu olwesabekayo. 6 Yena u ya kubuyisela inhliziyo ya oyise ku bantwana, nenhliziyo yabantwana koyise; funa ngi fike ngi shaye izwe ngesilokotelo.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

Language: Zulu
Original title of 1924 Zulu Bible: IBaibele eli ingcwele eli neTestamente Elida, Nelisha

Publisher: American Bible Society
Country of Publication: United States
Author (translator): James Dexter Taylor (-1959)
https://www.newspapers.com/clip/41494766/the_shreveport_journal/

Copyright law: Under US copyright law (USC 17 section 107), the copyright does not extend before 1925. Copyright of publications in the US in 1924 depended on date of publication, not date of birth of translator.

Alternate names for Zulu: isiZulu

Spoken most in: South Africa, Lesotho, Eswatini (source: https://en.wikipedia.org/wiki/Zulu_language)

Scanned from original held at: University of Illinois, at Urbana Champaign

(https://vufind.carli.illinois.edu/vf-uiu/Record/uiu_7432759)

See updates or suggest corrections at https://bibleshare.org/zulu/